
إِنَّا نَحْنُ نَزَّلْنَا الذِّكْرَ وَإِنَّا لَهُ لَحَافِظُونَ



Lencazelo ye Kuran engcwele ibhalwe ngesicelo esivela
Kumnakekeli wama Masjidi amabili angcwele ahloniphekile inkosi
Salman bin Abdul Aziz al-Saud
Inkosi yase Saudi Arabia

تشرف بالأمر بطباعة هذه الترجمة لمعاني القرآن الكريم
خادم الحرمين الشريفين الملك سلمان بن عبد العزيز آل سعود
ملك المملكة العربية السعودية

وَقفٌ لِلّٰه تَعَالَى مِنْ خَادِم الحَرَمَيْن الشَّرِيفَيْن
المَلِكِ سَلْمَان بْن عَبْد العَزِيز آل سُعُود
ولا يَجُوز بَيْعُه
يُوَزَّع مَجَّانًا

ترجمة معاني القرآن الكريم
إلى لغة الزولو

إعداد:
الشَّيخ عَادل جَعْفَر مُولتشُو

مجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف
بالمدينة المنورة

Kuyisipho esiphuma Kumnakekeli wama
Masjidi amabili angcwele ahloniphekile
Inkosi u Salman bin Abdul Aziz al-Saud
Ayivumelwa ukudayiswa
Ikhishwa mahhala

Incazelo ye Kuran eyingcwele ehumushwe ngolwimi lwesi zulu

Ichazwe ngu:
Sheikh Adil Ja'far Mlotshwa

Udidiyelo lwe nkosi u Fahd Loku shicelela kwe Kuran engcwele
E Madinah Munawwarah

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

مقدمة

بقلم معالي الشيخ الدكتور

عبد اللطيف بن عبد العزيز بن عبد الرحمن آل الشيخ

وزير الشؤون الإسلامية والدعوة والإرشاد

المشرف العام على المجمع

الحمد لله رب العالمين، القائل في كتابه الكريم:

﴿... قَدْ جَآءَكُم مِّنَ ٱللَّهِ نُورٌ وَكِتَٰبٌ مُّبِينٌ﴾.

والصلاة والسلام على أشرف الأنبياء والمرسلين نبينا محمد ﷺ القائل: «**خيركم من تعلَّم القرآن وعلَّمه**».

أما بعد:

فإنفاذاً لتوجيهات خادم الحرمين الشريفين الملك سلمان بن عبد العزيز آل سعود - حفظه الله - بالعناية بكتاب الله، والعمل على تيسير نشره، وتوزيعه بين المسلمين في مشارق الأرض ومغاربها، وتفسيره، وترجمة معانيه إلى مختلف لغات العالم.

وإيماناً من وزارة الشؤون الإسلامية والدعوة والإرشاد بالمملكة العربية السعودية بأهمية ترجمة معاني القرآن الكريم إلى جميع لغات العالم المهمة؛ تسهيلاً لفهمه على المسلمين الناطقين بغير العربية، وتحقيقاً للبلاغ المأمور به في قوله ﷺ: «**بلِّغوا عنِّي ولو آية**».

وخدمةً لإخواننا الناطقين بلغة الزولو، يطيب لمجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف بالمدينة المنورة أن يقدم للقارئ الكريم ترجمة معاني القرآن الكريم إلى لغة الزولو، التي قام بها الشيخ عادل جعفر مولتشو.

ونحمد الله سبحانه وتعالى أن وفق لإنجاز هذا العمل العظيم، الذي نرجو أن يكون خالصاً لوجهه الكريم، وأن ينفع به الناس.

إننا لندرك أن ترجمة معاني القرآن الكريم - مهما بلغت دقتها - ستكون قاصرة عن أداء المعاني العظيمة التي يدل عليها النص القرآني المعجز، وأن المعاني التي تؤديها الترجمة إنما هي حصيلة ما بلغه علم المترجم في فهم كتاب الله الكريم، وأنه يعتريها ما يعتري عمل البشر كلّه من خطإ ونقص.

ومن ثم نرجو من كل قارئ لهذه الترجمة أن يوافي مجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف بالمدينة النبوية بما قد يجده فيها من خطإ أو نقص أو زيادة؛ للإفادة من الاستدراكات في الطبعات القادمة إن شاء الله.

والله الموفق وهو الهادي إلى سواء السبيل، اللّٰهُمَّ تقبل منا إنك أنت السميع العليم.

Egameni lika-Allah Onomusa, Onesihawu

ISANDULELO

Ibhalwe ohlonishiwe u-Sheikh u-Dokotela

Abdul Latwif Bin Abdul Aziz Bin AbduRahman Al-Sheikh

Ungqongqoshe wezinqubo ze Islam nezokudlulisa (inkolo ka-Allah) nokucebisana, nongumhloli weSikhungo sokushicelela.

Lonke udumo malube ku Allah iNkosi yemihlaba othi eNcwadini yakhe Eyingcwele: ﴿**Ngempela unilethele ukukhanya olusuka ku Allah neNcwadi ecacileyo (iKurani Eyingcwele)**﴾

Nendumiso nokuthula kube kuye umprofethi uMuhamadi (Ukuthula kube naye) othi: **((abangcono phakathi kwenu yilabo abafunda iKurani bese beyifundisa))**.

Ekuqhubeni:Eminye yemibono Omphathi weZinqubo zama Masijidi Amabili Angcwele: iNkosi u-Salman Bin Abdul Aziz Al-Saud (ingathi u-Allah angamsikelela) ngokunakekela iNcwadi ka-Allah nokusebenza ekwenzeni udumolwayo lube lula, futhi nokunikeza ngayo emphakathini wamaSulumane kanye nokuyishintshela kwezinye izilimi zomhlaba.

Futhi ngenxa yenkolelo yengqongqoshe wezinqubo ze-Islam nezokudlulisa (inkolo ka-Allah) nokocebisana ese-Saudi Arabia ekubalulekeni kokudlulisa incazelo ye-Kurani ngezilimi eziningi zezwe; ikhona kuzo kubakhona ukuqonda kalula kulabo abangakhulumi ulimi lwesi-Arabhu. Futhi ukugcwalisekisa amazwi omprefethi (Ukuthula kube kuye) ethi: **((hambisa indaba yami noma kuyivesi elilodwa))**.

Nasekusizeni abafowethu abakhuluma isiZulu. Isikhungo seNkosi uFahadi esishicilela iKurani Ehloniphekile eMadinah Munawwarah iyajabula ukudlulisa incazelo yamavesi akhethiwe asuka kwi Kurani aye kumfundi ngolwimi lwesi Zulu. Ekungumsebenzi ka Sheikh Adil Ja'far Mlotshwa.

Sithanda ukubonga uAllah Ophezulu kwakho konke ngokusinika amandla ukufeza lezenzo ezinhle, futhi siyathemba ukuthi lokhu kungo kuka Allah ngempela, futhi kube okokusiza abantu.

Siyaqonda futhi nokuthi incazelo ye kurani ngezinye izilimi angeke ukhone ukunikeza incazelo ephelele etholakala kwi Kurani, futhi izincazelo ezinikezwa ukuhumusha kungumphumela walokho ulwazi lomhumushi olufinyelele kukho ekuqondeni iNcwadi Eyingcwele, nokuthi ihlushwa ukusweleka nephutha emsebenzini wabo bonke abantu.

Siyathemba nokuthi wonke umfundi ofunda lencazelo uma ethola nomaliphi iphutha uzosazisa ukuze kubhekwekuzinhlelo ezizayo, Insha›Allah. O, Nkosi yethu! Amukela (lomsebenzi) wethu, ngempela Wena Uzwa konke, Wazi konke!

ISANDULELO

Egameni lika Allah Onomusa Onesihawu

Ikurani Eyingcwele iyizwi lika-Allah Ophakeme Owembule izinhlamvu nezincazelo zayo kwiSithunywa saKhe uMuhamadi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye), Umethuli wezindaba ezinhle nomexwayisi, nomemela ku-Allah ngemvumo yakhe nokuthi ube isibani esikhanyisayo, nansi incazelo emfushane yeKurani Eyingcwele nomyalezo wayo.

Incazelo ejwayelekile ebandakanya konke ngeKurani Eyingcwele:

Okokuqala: isichasiselo seKurani Eyingcwele, nokucaca kwamagama nezimfanelo zayo.

Ikurani Eyingcwele iyizwi lika-Allah eyembulelwe kwiSithunywa uMuhamadi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye), eyembulwa kuye ngezwi nangencazelo yaKhe, ilotshiwe eNcwadini, idlulisiwe ngedlela ye-Tawaturi (izindaba zosiko, nolwazi lwenkolo ezandluliswa ngabantu abaningi), ukuyifunda kwayo ukukhonza (u-Allah).

u-Allah nguyena Obize lesi sambulo asembulela iSithunywa saKhe (iNkosi Imbusise) ngokuthi yiKurani, njengoba u-Allah esho:

﴿إِنَّا نَحۡنُ نَزَّلۡنَا عَلَيۡكَ ٱلۡقُرۡءَانَ تَنزِيلٗا﴾ [الإنسان: ٢٣]

"Yithina esiku embulele iKurani ngancane kancane" [sura Insani :23]

ngoba umsebenzi wayo ukuthi ifanelwe ifundwe hhayi iyekwe inganakwa.

Futhi uAllah ubuye ayibiza ngokuthi yiNcwadi, u-Allah athi:

﴿إِنَّآ أَنزَلۡنَآ إِلَيۡكَ ٱلۡكِتَٰبَ بِٱلۡحَقِّ﴾ [النساء: ١٠٥]

“Nebala sambulele kuwe [Muhamadi] iNcwadi ngeqiniso” [sura Nisa: 105]

ngoba umsebenzi wayo ukuthi ifanelwe ibhalwe hhayi iyekwe inganakwa.

Futhi u-Allah wafanekisa iKurani Eyingcwele ngokuthi: Ingumnqamulajuqu, Iyisikhumbuzi, Ingumholi, nokuthi Iyinkanyiso, iyiKhambi (isixazululo), iyiNhlakanipho, iyiSexwayiso, nezinye izimfanelo ezibonisa ubukhulu beKurani Eyingcwele kunye nokupheleliswa komlayezo wayo.

Igama elithi “umqulu” (Mus-haf) lisuselwa emiqulwini okwakubhalwe kuyo iKurani Eyingcwele, le gama lalisetshenziswa ngabalandeli beSithunywa (amaSahaba iNkosi ibabusise) ukukhombisa incwadi leyo okwakubhalwe kuyo iKurani Eyingcwele emakhasini ayo.

iKurani Eyingcwele iyisambulelo esiphuma ku-Allah Ophakeme sembulwa ngengelosi uJibhirili (ukuthula kube kuye) eyehlisela enhliziyweni yeSithunywa uMuhamadi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye), u-Allah uthi:

﴿وَإِنَّهُۥ لَتَنزِيلُ رَبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ۞ نَزَلَ بِهِ ٱلرُّوحُ ٱلۡأَمِينُ ۞ عَلَىٰ قَلۡبِكَ لِتَكُونَ مِنَ ٱلۡمُنذِرِينَ ۞ بِلِسَانٍ عَرَبِيّٖ مُّبِينٖ﴾ [الشعراء: ١٩٢ - ١٩٥]

“Impela yembulelwe [iKurani] iNkosi yendalo yonke ۞ Yehliswe nguRuhu [uJibhirili] othembekile ۞ Eyehlisela enhliziyweni yakho ukuze ube ngumxwayisi ۞ Ngolwimi lwesi Arabhu olucacile” [sura Shu’ara: 192-195]

ISithunywa uMuhamadi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) akuyena owokuqala ezithunyweni kulokhu; bonke abafowakhe izithunywa (udumo nokuthula kuka Allah

lubekubona) nabo babenjalo behliselwa nguJibhirili (ukuthula kube kuye) ngeSambulo esivela ku-Allah Ophakeme, futhi u-Allah uSomandla ukhetha lowo amthandayo ozothwala igunya layo elikhulu, Ophakeme (u-Allah) athi:

﴿ٱللَّهُ يَصۡطَفِي مِنَ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةِ رُسُلٗا وَمِنَ ٱلنَّاسِۚ إِنَّ ٱللَّهَ سَمِيعُۢ بَصِيرٞ﴾ [الحج: ٧٥]

"uAllah uqoke izithunywa ezingelosini nasebantwini, Impela uAllah Ungozwayo Obonayo" [Sura Haji: 75].

Futhi Uyazi ukuthi ngubani olilungele nanokuthi ngubani ongalifanele; ngoba indalo eyakhe, uSomandla athi:

﴿وَرَبُّكَ يَخۡلُقُ مَا يَشَآءُ وَيَخۡتَارُ﴾ [القصص: ٦٨]

"Futhi iNkosi yakho idala ekuthandayo" [Sura Kaswaswu: 68].

Okwesibili: Ukwembulwa kweKurani Eyingcwele

Isambulo seKurani Eyingcwele saqala ukwehlela iSithunywa sika-Allah NgomSombuluko ngosuku lweshumi nesikhombisa ku Ramadani ngonyaka (AD 610) phakathi komhume iHira (Enye yezintaba zase Makkah) lapho

kwehla khona uJibhirili (ukuthula kube kuye) nala mavesi:

﴿ٱقۡرَأۡ بِٱسۡمِ رَبِّكَ ٱلَّذِي خَلَقَ ۝ خَلَقَ ٱلۡإِنسَٰنَ مِنۡ عَلَقٍ ۝ ٱقۡرَأۡ وَرَبُّكَ ٱلۡأَكۡرَمُ ۝ ٱلَّذِي عَلَّمَ بِٱلۡقَلَمِ ۝ عَلَّمَ ٱلۡإِنسَٰنَ مَا لَمۡ يَعۡلَمۡ﴾ [العلق: ١ - ٥]

"Funda eGameni leNkosi yakho okuyiyona eyadala ۝ Yadala umuntu ngehlule ۝ Funda, belu iNkosi yakho iphana kakhulu ۝ Iyona lena eyafundisa ukubhala ngosiba ۝ Ifundise umuntu lokho angakwazi" [Sura 'Alak: 1-5]

Kwakuyisambulo sokuqala seKurani Eyingcwele esambulelwa iSithunywa sikaAllah (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye).

ISithunywa (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) wasebuyela kubantu bakhe inhliziyo yakhe ithuthumela ngenxa yalokho okwembulwe kuye ethuthumeza ukwesaba nokuzikhathazelela yena qobolwakhe, wayesexoxela inkosikazi yakhe Umama wamakholwa uKhadijah Bint Khuwaylid (u-Allah ajabule ngaye), wathi kuye: ((Ngiyesaba mina)), wabe esethi kuye: ((Cha! Izindaba ezimnandi lezi, ngifunga ngo-Allah ukuthi akasoze akuphoxa neze; ugcina izibopho zobudlelwano, futhi ukhuluma iqiniso njalo, futhi ukubekezelele konke okunzima, futhi uhlalisa isivakashi ngobuhle, uphinde usize ngezingxoxo zeqiniso)), wabe esemthatha emyisa kumzala wakhe uWaraqah Bin Nawfal, owaye hlakaniphile enokuqonda okujulile, uKhadijah wayesethi kuye ((Malume! Yizwa kumshana wakho)), kulapho Isithunywa sika-Allah simtshela izindaba zalokho ayekubonile, uWaraqah Bin Nawfal wabe esethi kuye: ((Le yingelosi[1] eyathunyelwa kuMose, ngifisa sengathi ngabe ngangisemncane, ngifisa sengathi ngabe ngiyaphila ngenkathi abantu bakho bekuxosha)), Isithunywa sika-Allah sathi kuye: ((bazongikhipha yini na?)) uWaraqah wathi: ((Yebo, akekho umuntu owake weza nalokhu oza nakho ngaphandle kokuthi alinyazwe, futhi uma usuku lwakho lungifica, ngizokunika ukunqoba okuhle)). UWaraqah ushone ngemuva kwale ngxoxo kungekudala emuva kwesikhashana nje.

IKurani enyingcwele ayidalulwanga yonke kwiSithunywa sika-Allah ngesikhathi esisodwa njengoba kwembulwa izincwadi zabaprofethi abedlule (udumo nokuthula kuka Allah lubekubona), futhi kwehle ngoqhekeko eminyakeni engamashumi amabili nantathu, kwembulwa isahluko esiphelele, noma amanye amavesi esahluko esithize. Ubuhlakani

1 Okuthi: uJibhirili (ukuthula kube kuye), uyingelosi ephathiswe ukwambulela abaprofethi

besambulo esihlukanisiwe[1] seKurani eyingcwele ukusungula inhliziyo yoMprofethi uMuhamadi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) nanokumqinisa nokuqinisa izingalo zakhe ngokuvuselela ukwambulwa kukaJibhirili (ukuthula kube kuye) ngesambulo; ukuze aqine futhi azinze lapho ebhekene nokungaqondakali kwababhangqi zithixo nokuphikisana kwabo nalokho ayethunyelwe ngakho ekuqaleni kwesambulo, u-Allah Ophakeme Uthi:

﴿وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَوۡلَا نُزِّلَ عَلَيۡهِ ٱلۡقُرۡءَانُ جُمۡلَةٗ وَٰحِدَةٗۚ كَذَٰلِكَ لِنُثَبِّتَ بِهِۦ فُؤَادَكَۖ وَرَتَّلۡنَٰهُ تَرۡتِيلٗا﴾ [الفرقان: ٣٢]

"Laba abangakholwa bathi: ((kungani iKurani ingembulelwanga kuye [uMuhamadi] yonke ngesikhathi esisodwa)). Siyenze kanjalo ukuze siqinise inhliziyo yakho futhi sayihlalusa kancane kancane" [Sura Furkani: 32]

Kanjalo ekwambulweni kweKurani Eyingcwele ngoqhekeko kukhona ukuhlakanipha okukhulu kwezemfundo, okuwukuqhubeka kwamakholwa olwazini nasekusebenziseni izinqumo zenkolo kancane kancane; ukuze kube lula kubo ukuyiqonda nokuyifunda, nokubakhipha ebumnyameni balokho ababekade bekubona ngokungazi nokungakholwa, nasokhololweni kokubhangqa izithixo, ukubayisa ekukhanyeni kokholo nokukholelwa kuNkulunkulu oyedwa vo nasolwazini.

Okwesithathu: Ukuhlanganiswa kwe Kurani eyingcwele

Enye yezindlela ezibaluleke kakhulu zokugcina imibhalo ukuyibhala, futhi amagama abhaliwe athambekele ukukhohlwa, njengoba iKurani Eyingcwele yembulwa kuphela njegomhlahlandlela wendalo yonke kuze kufike ihora lokwahlulelwa, kwakumele ibhalwe.

1 Bheka: Tafsiri Twabari (19/10), ne Murshidul Wajizi ka Abi Shaamah Al-Maqdisi (28)

Futhi yayibhalwe ngokucophelela nguMprofethi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) nentshisekelo yakhe. Wayala (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) abanye babalandeli bakhe (amaSahaba iNkosi ibabusise) ababekwazi ukubhala ukuze babhale iKurani eyingcwele wayese bathatha njengababhali besambulo, futhi owayedume kakhulu kubo kwakungu Zaid Bin Thabit Al-Ansari[1] (u-Allah ajabule ngaye).

Noma nini lapho isithunywa sika-Allah sehlelwa isambulo wayesigcina ngenhliziyo, bese eyalela lokho okwakwembulelwa kuye komunye wababhali besambulo ukuthi akubhale phansi, ethi: ((Beka lamavesi esahlukweni esisho lokhu nalokhu))[2] uzobe esebiza isahluko, bese eyalela ukuthi amavesi abhalwe kuso leso sahluko, ngemuva kwalokho uzobayala abalandeli bakhe (amaSahaba inkosi ibabusise) ukuthi bafunde baqondisise okwembulwe kwi Kurani Eyingcwele nokuthi bayibambe bayigcine ngekhanda. IKurani Eyingcwele yabe isibhalwa ngokuphelele ngenkathi yakhe (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) emaqabungeni ezihlahla[3]. UJibhirili (Ukuthula kube kuye) wayejwayele ukubukeza uMprofethi ngeKurani eyingcwele kanye ngonyaka, futhi ngonyaka akhothama (ashona) ngawo wayeyibuyekeza Kabili ngokulandelana kwamavesi Kanye nezahluko zayo ngendlela okuyiyo incwadi yeKurani ezandleni zama Sulumane namuhla ukugcwaliseka kwezwi lika-Allah (Oyiqiniso) udumo malube kuye Ophakeme:

---

1 Tafsir Twabari (1/28)

2 Sunan Abi Dawudi inombolo ye-Hadith (786), ne Sunan Tirmidhi inombolo ye-Hadith (3086), iqondiswe ngu-AlHakim kwi-Mustadrak inombolo ye-Hadith (3325) wathi: ((Hadith Swahih ngokuya ngezimo zaka Bukhari no Muslim, futhi abayiqondisanga)).

3 Swahih Bukhari inombolo ye-Hadith (4592, 4593)

﴿إِنَّ عَلَيۡنَا جَمۡعَهُۥ وَقُرۡءَانَهُۥ ۞ فَإِذَا قَرَأۡنَٰهُ فَٱتَّبِعۡ قُرۡءَانَهُۥ﴾ [القيامة: ١٧، ١٨]

"Ngokuba kukuThina ukuyihlanganisa nokuyifunda ⁎ Uma sesiyifundile landelake ukufundwa kwayo" [Sura Kiyama: 17-18]

nezwi lakhe uSomandla:

﴿سَنُقۡرِئُكَ فَلَا تَنسَىٰٓ﴾ [الأعلى: ٦]

"Sizokufundisa [iKurani], ngeke wayikhohlwa" [Sura A'ala: 6]

Okwesine: Ukuqoqa iKurani Eyingcwele ngemiqulu:

Ngemuva kokushona kweSithunywa sika-Allah, uKhalifa oqondiswe ngokufanele u-Abu Bakari Swiddiqi (u-Allah ajabule ngaye) wayalela ukuqoqwa kweKurani emiqulwini ehleliwe, ukuze kungalahleki lutho lweKurani ngokufa kwa labo abayigcina ezifubeni zabo nangenxa yokubhujiswa kwamaqabunga lawo iKurani ibe ibhalwe phezu kwawo, futhi umbhali wesambulo uZaid Bin Thabit (u-Allah ajabule ngaye) wathatha umthwalo wokunakekela lo msebenzi, kwathi ngemuva kokuyibuyekeza nokwenza isiqiniseko sokuthi iyafana nalokho obekubhaliwe emaqabungeni ezihlahla nalokho okugcinwe ezifubeni, le miqulu yafakwa endlini ka-Abu Bakari Swiddiqi (u-Allah ajabule ngaye) waze wathathwa ngu-Allah kwagoqanyawo, ngemuva kwalokho yagcinwa endlini kaKhalifa wesibili u-Umar Bin Al-Khattab (u-Allah ajabule ngaye), futhi yagcinwa ngemuva kokushona kwakhe endlini yenkosikazi woMprofethi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) umama wamakholwa uHafsa Bint Umar (u-Allah ajabule ngabo)[1].

Kwathi lapho inkolo ye-Islam isakazeka, amaSulumane ayedinga amakhophi weKurani ukuze awafunde, abanye abalandeli (amaSahaba inkosi ibabusise) bancoma uKhalifa

1 Swahih Bukhari inombolo ye-Hadith (4968), ne Sunan Tirmidhi inombolo ye-Hadith (3103), Ne Musnad ka Imam Ahmad inombolo ye-Hadith (76).

oqondiswa ngokufanele u-Uthman Bin Affan (u-Allah ajabule ngaye) ukuthi kwakudingeka ukuqoqa abantu ukuthi balandele incwadi eyodwa, leyo amaSulumane ayezoyifunda futhi asebenze ukuya ngayo. Waseyala iqembu la labo ababegcine iKurani ezinhliziyweni zabo nalabo babekwazi ukubhala, ukuthi bayenze lo msebenzi, owokuqala kulaba bantu kwakungu Zaid Bin Thabit (u-Allah amthokozele),

babethembele emiqulwini ehleliwe leyo iKurani yayiqoqelwe khona ngesikhathini sika Abu Bakari Swiddiki (u-Allah ajabule ngaye), bese baqoqa lemiqulu bayenza yaba ikhophi yencwadi [ye Kurani] eyodwa, ba kopisha amakhophi ayo amaningi, wasethumela kuwo wonke amazwe amakhulu wamaSulumane ikhopi yencwadi yeKurani, wayala amaSulumane ukuba akopishe amakhopi kuwo. Futhi wonke amakhopi we-Kurani aziwa emhlabeni namuhla noma ngabe abhalwe ngesandla, noma ashicilwele ngemishini yoku shicilela, namakhophi wonke aqoshiwe lawo akopishwa athunyelwa emazweni awehlukile neze embhalweni awo noma ekuhlelweni kwawo.

Futhi kuze kube namuhla amaSulumane anakekela ukushicilela ikhophi yeKurani Ehloniphekileyo, futhi baphinde bahambisana nentuthuko yamasu wokushicilela namathuluzi azokwazi ukuzuza amazinga ayo phezulu, nokunemba ekubhaleni umbhalo weKurani ngendlela ibhalwe ngayo ngesikhathi sika Khalifa Oqondiswa ngokufanele u-Uthman Bin Affan (u-Allah ajabule ngaye). Lo mbhalo uwaziwa njengombhalo waka Uthmani.

uDidiyelo lwe Nkosi uFahd loku shicilela kwe kurani Eyingcwele eMadinah Munawwarah ayilutho ngaphandle kwezinye sezici ezibalulekile nezivelele ezibonisa ukunakekelwa okukhulu kwe Kurani Eyingcwele, futhi ababusi basebukhosini base Saudi Arabia babezikhandla ngokunakekela iNcwadi ka-Allah Ophakeme nentshisekelo yabo ekuphatheni nasekugcineni leNcwadi ehloniphekileyo esimeni sayo nokwenza amaSulumane

bayifinyelele ka lula, bayithole iyihle kakhulu kusukela ekushicilelweni kwayo kuze kufike ekhaveni yayo yangaphandle nesimo sayo esisezingeni eliphakeme nanokulondolozwa nokupheleliswa kwayo.

Okwesihlanu: Ukuhlela nokuhlukanisa ikhophi yeKurani:

Ikurani Eyingcwele iqala ngesahluko se Al-Fatiha futhi iphetha ngesahluko se An-Nas, inezahluko ezingu 114, lokhu ukuhleleka akushintshi; okusho ukuthi: kuthathwe kuMprofethi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) futhi ayincikile ekuhlelweni kokwehla. Phela isahluko sokuqala esambulwa kwakuyi Sura Al-Alaq, kodwa ekuhlelekeni kwayo kwi Kurani ingu sahluko (96), futhi abalandeli beSithunywa (amaSahaba iNkosi ibabusise) bebazi ukuhleleka kwamavesi kanye nezahluko ekufundeni kwakhe [umprofethi] (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) iKurani Eyingcwele[1].

Namuhla, iKurani ihlukaniswe yaba izingxenye ezingamashumi amathathu, futhi ingxenye ngayinye ihlukaniswe Kabili, kwathathwa okukodwa kwalokhu okuhlukaniswe Kabili kwahlukaniswa kane. Futhi lokhu kwehlukana iningi layo kwakuyimizamo yezazi yokwenza kube lula ngamasulumane ukufunda iKurani Eyingcwele.

Okwesithupha: Ukufunda iKurani Eyingcwele:

AmaSulumane aqikelela kakhulu ekufundeni nasekugcineni umbhalo weKurani Eyingcwele njengoba yembulwa kwiSithunywa sikaAllah (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye), amaSahaba ababefunda iKurani ngendlela futhi bayibambe ezinhliyweni zabo bayifundisa abalandeli babo (amaTabiyina) baze baqinisekisa umbhalo wayo. Phezu kwalokho babemisa abafundi (amaTabiyina) evesini ngalinye baze baqonde izincazelo zalo. Ngakho-ke bonke bafunda ulwazi nezenzo ngasikhathi sinye, ngemuva kwalokho

1 Iqondiswe ngu-Ad-Daani kwi-Muqni' (pg 8) ngegunya lika-Imam Malik Bin Anas.

abalandeli abebazi iKurani ngekhanda basungula izikole zokufunda (iKurani), bebazibophezele kulokho abakufunde kubalandeli (amaSahaba inkosi ibabusise) kusuka ezicini eziningi zokufunda (iKurani),

Nokulungisa nokuqinisekisa umbhalo wayo, nokubala izinhlamvu namagama ayo, nokuhlelwa kwezahluko namavesi ayo, nokuyifunda kuya ngemithetho yokufunda iKurani, futhi nokuqonda ukuthi ungayicula kanjani. Ngakho-ke iKurani iyafundwa futhi igcinwe ezinhlizweni Kanye nomfundi uyithatha kuthisha wakhe ngomlomo ngolimi lwesi-Arabhu oluhluzekile, njengoba kwembulwa esiThunywa sika-Allah kuze kube namuhla.

IKurani ifundwa ngezindlela ezahlukene zokufunda, okuyindlela yokufunda amagama weKurani nezinhlamvu zayo ngendlela ecacile, indlela okufanele iphinyiselwe ngayo. Okuyindlela abafundi (amaTabiyina) bayithathe ngayo kubaholi babo (amaSahaba inkosi ibabusise), okuyindlela abalandeli beSithunywa bayithole ngayo kuMprofethi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) ngegunya nangemvume yakhe. Futhi indlela edume kakhulu esikhathini sethu namuhla ulibo lokufunda kwa-Asim ilandiswa ngumfundi wakhe uHafs Bin Sulaiman, nolibo lokufunda kwa-Nafi okulandiswa ngumfundi wakhe u-Uthmaan Bin Saeed owaziwa kangcono njengo-Warsh, ezinye yezindlela zokufunda yindlela ka-Duri ilandiswa ngu-Abi Amr Al-Basri Kanye nelandiswe ngu-Qalun ayithatha ku-Nafi.

Okwesikhombisa: Incazelo ye Kurani Eyingcwele:

Incazelo yamavesi weKurani Eyingcwele ishukuthi ukucacisa nokuchaza izincazelo zayo[1], inkulumo ayifezwa inhloso yayo ngaphandle kokuhlola inkombandlela nencazelo yayo, futhi uAllah uSomandla unxuse abafundi beKurani ukuba baqonde izincazelo zayo, njengoba uSomandla esho:

1 Bheka: i-Burhan ka-Zamakhshari (1/13)

﴿ كِتَٰبٌ أَنزَلۡنَٰهُ إِلَيۡكَ مُبَٰرَكٞ لِّيَدَّبَّرُوٓاْ ءَايَٰتِهِۦ وَلِيَتَذَكَّرَ أُوْلُواْ ٱلۡأَلۡبَٰبِ ﴾ [ص: ٢٩]

"LeNcwadi esiyembulele kuwe ebusisekile ukuze bahlaziye imibiko yayo futhi labo abakhaliphile bathathe isifundo" [Sura Swaad: 29]

ukuhlaziya kusho ukuqonda.

ISithunywa sika-Allah (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) wayechazela abahambi bakhe (amaSahaba inkosi ibabusise) izincazelo zeKurani Eyingcwele[1] ebeziyinkinga kubo, kepha ukwazi kwabo ulimi ngaleso sikhathi nokwambulwa kweKurani Eyingcwele ngolimi lwabo, kwabacebisa ekubuzeni imibuzo eminingi ngezincazelo zamavesi eKurani Eyingcwele. Futhi isidingo sencazelo yayo sakhula ngokuqhubeka kwesikhathi.

Futhi konke okwadluliselwa okuqukethe incazelo yeKurani Eyingcwele okusuka kwiSithunywa (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) naBahambi bakhe (amaSahaba inkosi ibabusise) naBalandeli babo babafundi (amaTabiyina), kwaba umongo nengqikithi yolwazi yokuchaza iKurani. Incazelo eyadluliselwa isuka kwiSithunywa (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) noma Abahambi bakhe (amaSahaba inkosi ibabusise) yayibizwa ngokuthi (yiTafsir Ma'thur) lokhu kuthathwa njengezindlela ezibaluleke kakhulu zokuqondisisa iKurani Eyingcwele; lokhu kusikhombisa ukuqonda kwesizukulwane sokuqala uma kukhulunywa ngamavesi eKurani Eyingcwele, ngoba leso sizukulwane sasisebenzisa ulimi lwesi-Arabhu kahle, futhi sasiphila esikhathini lapho iKurani Eyingcwele yembulwa futhi izimo zomphakathi zishintsha, nezigigaba zenzeka.

1 Bheka: Tafsiri Twabari (1/13), nesandulelo se-Usul Tafsiri ka-Ibn Taymiyah (pg 35)

1. **Izinhlobo zencazelo:**

Imikhombandlela yokuchaza (iKurani) yosolwazi eyahlukahlukene ngokuya ngezintshisekelo zazo zolwazi, kuvele izincazelo ezinakekela uhlangothi lolimi lwe-Kurani, nezincazelo ezinakekela uhlangothi lwezinqumo yeFiqh, ezinye zinakekela uhlangothi lwezomlando onembile, noma uhlangothi lwendlela yokuziphatha, noma lokho okuqhumana nokuphusa kwengqondo nokunye okunjalo, osolwazi behlukanise ulwazi lencazelo Kabili:

Okokuqala: (Tafsir Ma'thur) Incazelo eyadluliselwa isuka kwiSithunywa (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) noma Abahambi bakhe (amaSahaba inkosi ibabusise) noma Abalandeli babo (amaTabiyina).

Okwesibili: Incazelo ngombono noma ngokujula kwenqondo noma ngokucabanga okuzimele okususelwa esisekelweni solwazi.

2. **Izindlela ezingcono zencazelo nemithethonqubo:**

Incazelo eyadluliselwa isuka kwiSithunywa (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye) noma Abahambi bakhe (amaSahaba inkosi ibabusise) (iTafsir Ma'thur) iphambili ezincazelweni zeKurani Eyingcwele, ngoba yadluliselwa isuka kwiSithunywa kanye naBahambi bakhe (amaSahaba inkosi ibabusise) naBalandeli babo (amaTabiyina). Futhi babengabantu abenolwazi oluningi ekuchazweni incazelo (yamavesi), njalo-ke uma ukuqondwa kwamavesi eKurani Eyingcwele kudinga ukucaciswa okwengeziwe okungafakwanga encazelweni kulokho okwashiwo uMprofethi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye), kufanele lo ayichazayo agcine le mithetho elandelayo:

1. Kufanele abheke okufakazelwa encazelweni echamuka kuMprofethi (ukuthula kube kuye) (Tafsir Ma'thur), futhi angazi nalokhu okuphikisana nakho.

2. Ukuvumelana kwencazelo eqondakalayo ye-Kurani Eyingcwele, eyacaciswa yi-Sunnah yoMprofethi (udumo nokuthula kuka Allah lubekuye). Nakanjalo umuntu oyichazayo akavumelekile ukuza nencazelo ephikisana nalezi zincazelo, ngoba iKurani iyazichaza ngokwayo futhi ayiziphikisi, ne-Sunnah ifike yachaza obekufihlekile kwi-Kurani futhi yakwenza kucace.

3. Ulwazi lwemithetho yohlelo lolimi lwesi-Arabhu encazelweni yamagama nesakhiwo semisho nokuthi lemithetho isetshenziswa kanjani enkulumweni. Phela iKurani yembulwa ngesi-Arabhu futhi kufanele iqondwe ngenkanyiso yemithetho yayo yolimi.

4. Ukubuyisa amavesi adidayo angaqondakali kulawo mavesi acacile, ngokuba iKurani iyazichaza ngokwayo, futhi iningi lamavesi e-Kurani Eyingcwele acacile ngencazelo, Kanti-ke amanye awo amavesi afanayo angahle adidise amanye. Futhi ukubuyisa lamavesi adidayo kulawo mavesi acacekile kusiza ukuqonda inhloso yencazelo yayo, njengoba uSomandla esho:

﴿هُوَ ٱلَّذِيٓ أَنزَلَ عَلَيۡكَ ٱلۡكِتَٰبَ مِنۡهُ ءَايَٰتٞ مُّحۡكَمَٰتٌ هُنَّ أُمُّ ٱلۡكِتَٰبِ وَأُخَرُ مُتَشَٰبِهَٰتٞۖ فَأَمَّا ٱلَّذِينَ فِي قُلُوبِهِمۡ زَيۡغٞ فَيَتَّبِعُونَ مَا تَشَٰبَهَ مِنۡهُ ٱبۡتِغَآءَ ٱلۡفِتۡنَةِ وَٱبۡتِغَآءَ تَأۡوِيلِهِۦۖ وَمَا يَعۡلَمُ تَأۡوِيلَهُۥٓ إِلَّا ٱللَّهُۗ وَٱلرَّٰسِخُونَ فِي ٱلۡعِلۡمِ يَقُولُونَ ءَامَنَّا بِهِۦ كُلّٞ مِّنۡ عِندِ رَبِّنَاۗ وَمَا يَذَّكَّرُ إِلَّآ أُوْلُواْ ٱلۡأَلۡبَٰبِ﴾ [آل عمران: ٧]

"Nguye [u-Allah] owembule kuwe [Muhamadi] iNcwadi equkethe imibiko ezicacile okuyizona ingqikithi yeNcwadi, kanti ezinye ziyindida; kepha laba abanokuphambuka ezinhliziyweni zabo balandela lezi eziyindida ukuze baqale uthuthuva noma bazame ukuzihumusha. Empeleni akekho owazi incazelo yazo ngaphandle kuka Allah nalabo abolwazi olunzulu, bathi: "Siyakholwa kukho, konke kuvela eNkosini Yethu". Labo abakhaliphile yibona kuphela abaqaphelayo"
[Sura AL-Imran: 7]

5. Ukwazi amaqiniso olwazi asungulwe lapho uchaza incazelo yamavesi lawo akhuluma ngomkhathi, ungaphazamiseki ngokufaka imibono yesayensi ekuchazweni kwe-Kurani Eyingcwele, ukuze iKurani ingathwali izincazelo nemiphumela engeyona ehlosiwe.

6. Ukuqaphela izincazelo ezikhohlakele eziphambuka encazelweni yamazwi ka-Allah Ophakeme Omsulwa, futhi eziphambuka emithethweni yolimi lwesi-Arabhu; kungaba ngenhloso yokudukisa kabi nokuhlanekezela, noma ngenxa yokungalwazi ulimi lwesi-Arabhu nezincazelo nokushetshenziswa kwamagama enkulumweni, noma ngenxa yenkohliso yezincazelo ezikhohlakele nanokuba amazwi ka Allah uSomandla akhululekile kuwo futhi amsulwa.

Okwesishiyagalombili: Isimangaliso seKurani:

Igama elithi Isimangaliso esigamekweni sabahumushi [be Kurani] lisho ukuthi: imfanelo edlula ikhono lokuza nanoma yini efana nesenzo, umbono noma ukulawula. Isimangaliso kuyinto eyenzekayo ukuze kufakazelwe izimpawu nobufakazi obucacile babaprofethi nezithunywa [udumo nokuthula kuka Allah lubekubo] leligama alizange livele eKurani Eyingcwele kodwa okuvele igama elithi ((uphawu)) nelithi ((ubufakazi)) nokunye okunjalo.

Ikurani Eyingcwele iyizwi lika-Allah, futhi inokuphelela ezincazweleni zayo, futhi inobuhle emavesini ayo nasezakhiweni zayo zamagama, konke loku abantu behluleka ukwenza, njengoba uSomandla esho:

﴿الٓرۚ كِتَٰبٌ أُحۡكِمَتۡ ءَايَٰتُهُۥ ثُمَّ فُصِّلَتۡ مِن لَّدُنۡ حَكِيمٍ خَبِيرٍ﴾

[هود: ١]

"Alif Lam Ra; lena iNcwadi omubiko yayo ihlelwe ngobuchule yaphinda yahlalusiwa ngokhaliphile Onolwazi" [Sura Hudi: 1]

Ababhangqi zithoxo bazama ukuletha ukungabaza ngemvelaphi ye Kurani Eyingcwele, futhi bazama ukuguqula abantu ukuze basuke kuyo ngokuyiqambela amanga, futhi baletha ukudideka nemibono eyiphutha ngayo[1], lapho-ke uAllah, Udumo lube kuye, wayembula amavesi abaphonsela inselelo yokuthi bakhiqize okufana nale Kurani Eyingcwele, noma balethe izahluko eziyishumi kuyo noma kungaba isahluko esodwa nje, uma baneqiniso[2], behluleka futhi babengeke bakwenze lokho, futhi bavuma ukuthi iKurani Eyingcwele noma ngabe ingolimi lwesi Arabhu kepha behlulekile ukulingisa noma ukuqhamuka nokufana nakho, njengoba uSomandla esho:

﴿أَمۡ يَقُولُونَ ٱفۡتَرَىٰهُۖ قُلۡ فَأۡتُواْ بِسُورَةٖ مِّثۡلِهِۦ وَٱدۡعُواْ مَنِ ٱسۡتَطَعۡتُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ إِن كُنتُمۡ صَٰدِقِينَ﴾ [يونس: ٣٨]

"Ingabe bathi: 'nguyena [uMuhammad] oziqambele yona [iKurani]'. Yithi: "Lethani nimeme eningakhona ukubamema [bazonilekelela] ngaphandle kuka Allah uma ngempela niqinisile"" [Sura Yunusi: 38]

Ikurani Eyingcwele yenza isimemezelo esikhulu nesicacile ukwehluleka kwabo bonke abantu namajini ukuqhamuka nokufana ne Kurani Eyingcwele, noma ngabe abanye babo basizane:

﴿قُل لَّئِنِ ٱجۡتَمَعَتِ ٱلۡإِنسُ وَٱلۡجِنُّ عَلَىٰٓ أَن يَأۡتُواْ بِمِثۡلِ هَٰذَا ٱلۡقُرۡءَانِ لَا يَأۡتُونَ بِمِثۡلِهِۦ وَلَوۡ كَانَ بَعۡضُهُمۡ لِبَعۡضٖ ظَهِيرٗا﴾ [الإسراء: ٨٨]

"Yithi: "noma bonke abantu namajini bengahlangana ukuba bakhiqize okufana nale Kurani; abasoze bakhona ukukukhiqiza efana nayo noma bengalekelelana"" [Sura Al-Isra: 88]

1 Bheka amavesi: Sura Saba'[43], Sura Anamu [7], Sura Yaseen [69], Sura Anamu [25], Sura Anbiya [5], Sura Tur [30], Sura Swadi [4], Sura Swaffati [36].

2 Bheka amavesi: Sura Tur [24], Sura Yunusi [38], Sura Bakara [23], Sura Hud.

Ikurani Eyingcwele iyisimangaliso; ngoba iyizwi lika-Allah elingafanineziwilezidalwa[zaKhe],futhiiyisibonakalisonobufakazi ngamagama ayo, nangamavesi nolwimi olusetshenzisiwe kuyo, nokunye esikutholayo ekucaceni kwayo nakubuciko bayo bolwimi, nokunye futhi esikutholayo ezindabeni nasezinganekwaneni zayo zeqiniso nokuthi iqukethe okubandakanya izinhlinzeko, nemiyalo, nemithetho, inamandla omthelela ngokwengqondo nangokomzwelo, kanye namaqiniso akhangayo olwazi ayiqukethe.

Imangaze ososayensi bemvelo abaningi Kanye nezazi zezinkanyezi nochwepheshe bezifundo yezempilo, Kanye nodokotela bezokwelapha, nabanye abaningi ngokuba ixhumene nesayensi abagxile kuyo.

Futhi inkulumo ye Kurani Eyingcwele yachaza mayelana nokuxhumene namaqiniso esayensi nalokho abagxile kuyo ngamagama aqondile esayensi. Kuyinto engacabangeki ukuthi konke lokhu kungaqhamuka eSithunyweni esasingafundile esivela esizweni esingafundile nasemhlabeni ongazi lutho ngalezi zehlakelo, konke lokhu kwaba yisizathu sokuguqulwa kwenani lalabo ababengakholela enkolweni ye-Islamu, ngoba bebona ukuthi lokho okushiwo kwiKurani Eyingcwele akukwazi ukuba inkulumo yomuntu, kodwa amazwi oMdali wabantu nako konke okusemhlabeni.

Futhi mangaki amavesi eKurani akhombisa ubunye buka-Allah uSomandla nomsebenzi wakhe omangalisayo wendalo? njengoba uSomandla esho:

﴿سَنُرِيهِمۡ ءَايَٰتِنَا فِي ٱلۡأٓفَاقِ وَفِيٓ أَنفُسِهِمۡ حَتَّىٰ يَتَبَيَّنَ لَهُمۡ أَنَّهُ ٱلۡحَقُّۗ أَوَلَمۡ يَكۡفِ بِرَبِّكَ أَنَّهُۥ عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٖ شَهِيدٌ﴾ [فصلت: ٥٣]

“Sizobabonisa izibonakaliso zeThu kwimiphelamehlo nakubo uqobo kuze kubacacele ukuthi iyiqiniso. Ingabe akwanele yini ukuthi iNkosi iyibona yonke into na?” [Sura Fuswilati: 53]

Okwesishiyaga lolunye: Ukuhunyushwa kwezincazelo ze Kurani Eyingcwele:

Ukuhumusha ukudlulisa inkulumo esuka kolunye ulimi iye kolunye[1], futhi ukuhumusha akuphephile ebunzimeni, ngoba isakhiwo semagama olimi singezinye sezingxenye zombhalo, futhi kungaba nzima ukugcina incazelo yolimi yalolu hlobo lapho uhumushela umbhalo kolunye ulimi[2].

Uma lokhu kwenzeka ngokuhumusha emibhalweni eyenziwe ngabantu, ubunzima bokuhumusha bukhulu okukakhulukazi uma kuhloselwe ukuhumusha iKurani Eyingcwele, njegoba kuyizwi lika-Allah elembulwe u-Allah uSomandla ngolimi lwesi-Arabhu, futhi yembulwa U-Allah uSomandla ngamagama nencazelo yaKhe, kanti futhi akulula kunoma yimuphi umuntu ukuthi athi uhlanganise izincazelo eziphelele zonke ze Kurani, noma ukuthi uyakwazi ukuphinda izincazelo ze-Kurani nokwakha amagama ayo ngendlela ayiyo embhalweni welimi lwesi Arabhu.

Ngobunzima bokuhumusha iKurani Eyingcwele izifundiswa zamaSulumane zigcizelela isidingo Sokudlulisa iKurani nomyalezo wayo ezizweni zomhlaba, kungakhathalekile ukuthi izilimi zazo zinjani, futhi lokhu kungatholakala kuphela ngokuhumusha[3].

Ukuhunyushelwa kwe Kurani Eyingcwele kwezinye izilimi[4]:

1. Kungaba ukuhunyushwa kwezincazelo zamagama weKurani Eyingcwele, okuwukuhumusha okuhluthwe nokuhlukile kunencazelo yamavesi, le ncazelo izibophezela ekucaciseni izincazelo zamagama ombhalo weKurani.

---

1 Bheka i-Lisaanul Arab ka-Ibn Mandhur (isifundo se-Tarjama ne-rajama)

2 Bheka: Dalaalatul Al-Fadhi ka-Ibrahim Anis (pg 171-175), ne-Fannu Tarjamah ka-Muhamadi Iwadh Muhamadi (pg 19).

3 Bheka: i-Majmu'l Fatawaka-Ibn Taymiya (4/116)

4 Bheka: i-Majmu'l Fatawaka-Ibn Taymiya (4/115, 542), ne-Tafsir wal Mufassirun ka-Muhamadi Hussain Dhahabi (1/23)

2. Kungaba ukuhunyushwa kwezincazelo zamavesi esekelwa ngobufakazi obucacile nokunikezwa kwezibonelo futhi lokhu kusesimeni sokuhumusha iKurani Eyingcwele kolunye ulimi, futhi noma ngabe umhumushi unekhono kangakanani kuzo zombili izilimi, noma ngabe azi noma uzungezwe kangakanani yizincazelo zamavesi, lokho kuhumusha akubizwa ngeKurani, ngenxa yezizathu ezimbili[1]:

   Okukuqala: Ikurani yizwi lika-Allah uSomandla, eyembulwe ngolimi lwesi-Arabhu, iphakeme kakhulu ekuchazeni ngobuciko nasokupheleleni kwayo, futhi ukubeka amavesi ayo ngolimi olungelona olesi Arabhu konakalisa isizathu sokuyibiza nge Kurani.

   Okwesibili: ukuhumusha kuveza ukuqonda komhumushi ngezincazelo ze-Kurani Eyingcwele, kanti-ke lokhu kufana nencazelo, njengoba kungashiwo ngencazelo [ye-Kurani] ukuthi iyiKurani, ngakho-ke ukuhumusha akukwazi ukubizwa ngokuthi yiKurani.

Futhi ukuze ukuhunyushwa kwezincazelo zeKurani Eyingcwele kwamukeleke, kufanele kufezekiswe kuyo lokho okusungulwe izifundiswa kusukela emithethweni nezilawuli zokucacisa izincazelo ze-Kurani Eyingcwele. Umhumushi kufanele aqaphele kakhulu ukuthi angathathi incazelo yakhe njengesiphephelo sokusabalalisa izincazelo ezihlanekezela izincazelo ze-Kurani Eyingcwele noma okuchasayo uphawu lwamaSulumane nobungcwele bawo, okuyiwo okonakalise ukuhumusha okuningi okwenziwe abanye bezazi zase Mpumalanga [orientalists] nabanye balabo abathi bangamaSulumane ngenkohliso nangamanga, futhi badlulisa izinkolelo ezimbi ezikhohlakele ezifuna ukuqeda izindinganiso zenkolo enkulu yamaSulumane, nokuthambekela ekukholweni kwakhe okulingile nasemthethweni wakhe olula.

1 Bheka: i-Majmu' Sharhul Muhhaddhab ka-Nawawi (3/342)

Ngokwalo mbono uDidiyelo lwe Nkosi uFahd loku shicilela kwe Kurani Eyingcwele yase Madinah Munawwarah yazibophezela ukuthi ikhiphe ukuhumusha okuqinisekiswe kwezincazelo ze-Kurani Eyingcwele, ukuze kudluliswe umyalezo ohloniphekile we-Kurani Enyingcwele ikhona kuzo kubakhona ukuqonda kalula kulabo abangakhulumi ulimi lwesi-Arabhu ngolimi lwabo lwendabuko.

Udumo lonke ngoluka Allah, Inkosi yendalo yonke kwangathi ukuthula kuka-Allah nezibusiso zakhe kungaba phezu komprofethi wethu uMuhammadi nomdeni wakhe nabahambi bakhe nabalandeli babo Kanye nalabo ababalandela ngobuhle kuze kufike uSuku lokwahlulela.

UKUCELA UKUVIKELEKA

﴿أَعُوذُ بِٱللَّهِ مِنَ ٱلشَّيۡطَٰنِ ٱلرَّجِيمِ﴾

Kuwumthetho obekwe ngu Allah lapho umuntu efuna ukufunda iKurani ehloniphekile ukuba acele ukuvikelwa ngu Allah kuShayitani oqalekisiwe. Uthi Ophakeme:

﴿فَإِذَا قَرَأۡتَ ٱلۡقُرۡءَانَ فَٱسۡتَعِذۡ بِٱللَّهِ مِنَ ٱلشَّيۡطَٰنِ ٱلرَّجِيمِ﴾ [النحل: ٩٨]

"Uma ufunda iKurani, cela ukuvikeleka ngo Allah kuShayitani oqalekisiwe". [Sura Nahali: 98]

Lokho kungenxa yokuthi iKurani ingumhlahlandlela nekhambi lalokho okusezinhlizweni. Kepha *uShayitani* ungumphekuli wokubi nokunhlanhlatha; yingakho-ke u Allah ayalele wonke ofuna ukufunda iKurani ukuba azivikele ngaYe *kuShayitani* oqalekisiwe nasekuhlebeleni kwakhe neqembu lakhe.


Izazi zona zivumelana ngo olethu ukuthi lokhu kucela ukuvikeleka akusiyona ingxenye yeKurani ehloniphekile, yingakho nje kungabhaliwe phansi kumaKurani.

INCAZELO KA:

'Audhubillahi': ngizivikela ngo Allah Yena yedwa vo.

'minashayitani': kuwo wonke umgulukudu nomndlwembe oyijini noma umuntu ofuna ukungigudluza ekuthobeleni intando yenkosi yami nokufunda iNcwadi yaYo.

'rajim': oqhelisiwe emseni ka Allah (oqalekisiwe).



(1) SURA AL-FATIHA ISENDLALELO

سُورَةُ الفَاتِحَةِ

1. Egameni lika Allah[1], Onomusa Onesihawu.	بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ ﴿١﴾
2. Udumo lonke ngoluka Allah, iNkosi[2] yendalo yonke.	ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٢﴾
3. Onomusa Onesihawu.	ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ ﴿٣﴾
4. UMbusi woSuku lokwahlulelwa[3].	مَٰلِكِ يَوْمِ ٱلدِّينِ ﴿٤﴾
5. Sikhonza Wena kuphela, futhi sicela usizo kuWe kuphela.	إِيَّاكَ نَعْبُدُ وَإِيَّاكَ نَسْتَعِينُ ﴿٥﴾
6. Siholele endleleni eqondile.	ٱهْدِنَا ٱلصِّرَٰطَ ٱلْمُسْتَقِيمَ ﴿٦﴾
7. Indlela yalabo obabusisile[4],	صِرَٰطَ ٱلَّذِينَ أَنْعَمْتَ عَلَيْهِمْ

1 (1:1) Igama elithi "Allah" lisho uMdali okhonzwayo ngolwimi lwesi-*Arabhu*. Liyigama elikhethekile impela ngoba kuzo zonke izinto ezikhonzwayo ngaphandle kwaKhe, akukho neyodwa yazo ebizwa ngaleligama. Okunye okukhethekile ngaleligama ukuthi alinabo ubuningi, ngalokho ligcizelela UBUNYE bukaMdali.

2 (1:2) Igama elisetshanzisiwe kwiKurani elithi "*Rabb*". Akukho ncazelo encamashi engachaza leligama. Empeleni lichaza lowo onguMlawuli nonguMdali nonguMnakekeli nonguMondli wendalo yonke noKhonzwayo.

3 (1:4) Lolu usuku lapho yonke indalo ka-Allah iyobe imi phambi kwaKhe ukuziphendulela ngezenzo zayo emhlabeni mayelana nokugcina intando yaKhe, u-Allah uyobe esehlulela umuntu ngamunye amnike imivuzo yezenzo zakhe ngobulungiswa. Akekho omunye oyoba namandla okwenza noma yini ngaloluSuku ngaphandle kwemvumo ka-Allah. Ababe bengamakhosi emhlabeni nalabo ababephethe umbuso, bayoba ngaphansi kombuso ka-Allah ngalolo suku futhi akekho oyosiza omunye.

4 (1:7) Ababusisiwe; yilabo abakholelwa ku-Allah, nasebunyeni baKhe futhi benze intando yaKhe emhlabeni, balandele izimfundiso nemiyalo yeZithunywa zika-Allah. Bheka (S4:69).

kungabi eyalabo abehlelwe ulaka[1] noma abadukileyo[2].

غَيْرِ ٱلْمَغْضُوبِ عَلَيْهِمْ وَلَا ٱلضَّآلِّينَ ﴿٧﴾

1 (1:7) Yilabo abanolwazi lwalokho okufunwa ngu-Allah nokungukona okumthokozisayo. Kepha nakuba benalo ulwazi, balushaya indiva balandele izinkanuko zabo bangazilandeli izimfundiso nezinkambiso zolwazi lokuthobela intando ka-Allah. Ngenxa yalokhu kweyisa bazidonsela ulaka luka-Allah.

2 (1:7) Yilabo abafuna ukujabulisa u-Allah, kepha abazihluphi ngokuthola ulwazi oluqinisekisa ukuthi kumele bakwenze kanjani lokho ngendlela okuyiyona ebekwe ngu-Allah. Ngenxa yokungabani nolwazi, bafana nabantu abahamba ebumnyameni benhlanhlatha. Yingakho nje bengabadukileyo.

(2) SURA BAKARA INKOMO

سُورَةُ ٱلْبَقَرَةِ

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

الٓمٓ ﴿١﴾
ذَٰلِكَ ٱلْكِتَٰبُ لَا رَيْبَ ۛ فِيهِ ۛ هُدًى
لِّلْمُتَّقِينَ ﴿٢﴾

ٱلَّذِينَ يُؤْمِنُونَ بِٱلْغَيْبِ وَيُقِيمُونَ ٱلصَّلَوٰةَ
وَمِمَّا رَزَقْنَٰهُمْ يُنفِقُونَ ﴿٣﴾

1. *Alif-Lam-Mim.*[1]
2. LeNcwadi akunakungabaza kuyo; iwumhlahlandlela kulabo abathobela u-Allah.
3. Labo abakholelwa kulokho okungabonwayo[2] nabenza *iSwala*[3] ngokufanele futhi babelana ngalokho esibahlinzeke ngakho.

1 (2:1) Laba ongwaqa bolwimi lesi *Arabhu* abaziwayo, bebodwa ngaphandle konkamisa abasho lutho. Labongwaqa kuvulwe ngabo izahluko ezahlukene kwi*Kurani* ezi-28. Emva kokulandelela indlela lab' ongwaqa abahleleke ngayo kwiKurani, kuvela ukuthi umsebenzi wabo ukugcizelela ukuthi *leKurani* yembulelwe ku*Muhamadi* ﷺ ngolwimi lwesi-*Arabhu* olwaziwayo. Phela u Allah angeke athumela iNcwadi kusintu ukuba bayilandele bese kuba khona lapho engaziwa ukuthi ithini.

2 (2:3) Lokho okungabonwa kuyizigaba ezahlukahlukene, ezifaka phakathi: (a) lokho okwenzekile osekwandlula; (b) nalokho okusazokwenzeka; (c) nalokho okungabonwa ngamehlo enyama, nokwenzeka kwenye indawo lapho umuntu engaboni khona. Ngakho-ke lowo othobela u Allah, ukholelwa ku Allah nakuba engamboni ngamehlo enyama kanjalo nokunye okuyingxenye yezimfundiso zenkolo.

3 (2:3) Ukwenza *iSwala* ngokufanele kusho: (a) ukuqikelela ukuthandaza kahlanu njalo ngosuku ngezikhathi ezibekiwe; (b) nokuqikelela ukwenza *iSwala*, ngendlela eyafundiswa iSithunywa sika Allah ﷺ ngokulandela imithetho nemigomo yakhona. iSithunywa sika Allah ﷺ sathi: *"Yenzani iSwala ngendlela eningibone mina ngiyenza ngayo."* [*al-Bukgari*, 604].

4. Labo abakholelwa kulokho okwembulelwe kuwe [Sithunywa] kanye nakulokho okwembulelwa ngaphambi kwakho, futhi banesiqiniseko ngelizayo.

وَٱلَّذِينَ يُؤْمِنُونَ بِمَآ أُنزِلَ إِلَيْكَ وَمَآ أُنزِلَ مِن قَبْلِكَ وَبِٱلْءَاخِرَةِ هُمْ يُوقِنُونَ ﴿٤﴾

5. Yibona-ke labo abalandela umhlahlandlela ovela eNkosini yabo futhi yibo kanye abayophumelela.

أُوْلَٰٓئِكَ عَلَىٰ هُدًى مِّن رَّبِّهِمْ ۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُفْلِحُونَ ﴿٥﴾

6. Impela labo abangakholwa kuyefana nje kubo, uyabexwayisa noma awubexwayisi, abakholwa.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ سَوَآءٌ عَلَيْهِمْ ءَأَنذَرْتَهُمْ أَمْ لَمْ تُنذِرْهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿٦﴾

7. U-Allah uvale izinhliziyo zabo nezindlebe zabo, kanti nasemehlweni abo kunesisithezo; futhi bayothola isijeziso esinzima.

خَتَمَ ٱللَّهُ عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ وَعَلَىٰ سَمْعِهِمْ ۖ وَعَلَىٰٓ أَبْصَٰرِهِمْ غِشَٰوَةٌ ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿٧﴾

8. Futhi kunabantu abathi: "Siyakholelwa ku-Allah nasoSukwini lokuGcina"; kepha bebe bengakholwa nhlobo[1].

وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يَقُولُ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ وَبِٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ وَمَا هُم بِمُؤْمِنِينَ ﴿٨﴾

9. Bakhohlisa u-Allah nalabo abakholwayo; kepha empeleni bazikhohlisa bona uqobo kodwa ababoni.

يُخَٰدِعُونَ ٱللَّهَ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَمَا يَخْدَعُونَ إِلَّآ أَنفُسَهُمْ وَمَا يَشْعُرُونَ ﴿٩﴾

1 (2:8) Laba bangabazenzisi noma amaphixiphixi, abaziveza njengama *Musilimu* kepha empeleni befukamele inzondo nokungakholwa ezinhlizweni zabo. Bakwenza lokhu ngoba behlose: (a) ukususa uthuthuva emphakathini wamaMusilimu, ngenxa yenzondo abanayo; (b) nokuzivikela nokuzuza kokuhle okwenzeka emphakathini wamaMusilimu.

فِي قُلُوبِهِم مَّرَضٌ فَزَادَهُمُ ٱللَّهُ مَرَضًا ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌۢ بِمَا كَانُوا۟ يَكْذِبُونَ ﴿١٠﴾

10. Ezinhlizweni zabo kunesifo[1], futhi u-Allah uyabandisela sona; kunjalo nje bayothola isijeziso esibuhlungu ngenxa yokuba namanga.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمْ لَا تُفْسِدُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ قَالُوٓا۟ إِنَّمَا نَحْنُ مُصْلِحُونَ ﴿١١﴾

11. Uma kuthiwa kubo: "Ningenzi ukonakala ezweni." Bathi: "Thina singabalungisi nje!".

أَلَآ إِنَّهُمْ هُمُ ٱلْمُفْسِدُونَ وَلَٰكِن لَّا يَشْعُرُونَ ﴿١٢﴾

12. Bheka! Yibona kanye abenza ukonakala kepha ababoni.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمْ ءَامِنُوا۟ كَمَآ ءَامَنَ ٱلنَّاسُ قَالُوٓا۟ أَنُؤْمِنُ كَمَآ ءَامَنَ ٱلسُّفَهَآءُ ۗ أَلَآ إِنَّهُمْ هُمُ ٱلسُّفَهَآءُ وَلَٰكِن لَّا يَعْلَمُونَ ﴿١٣﴾

13. Uma kuthiwa kubo: "Kholwani njengalokhu abantu bekholwa." Bathi: "Sikholwe njengalokhu iziwula zikholwa na?" Bheka! Yibona kanye iziwula kepha abazi.

وَإِذَا لَقُوا۟ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ قَالُوٓا۟ ءَامَنَّا وَإِذَا خَلَوْا۟ إِلَىٰ شَيَٰطِينِهِمْ قَالُوٓا۟ إِنَّا مَعَكُمْ إِنَّمَا نَحْنُ مُسْتَهْزِءُونَ ﴿١٤﴾

14. Uma behlangene nalabo abakholwayo, bathi: "Nathi siyakholwa". Kuthi lapho sebengasese *noShayitani* babo bathi: "Impela thina sikanye nani, besimane sibhuqa nje!".

ٱللَّهُ يَسْتَهْزِئُ بِهِمْ وَيَمُدُّهُمْ فِى طُغْيَٰنِهِمْ يَعْمَهُونَ ﴿١٥﴾

15. U-Allah uyababhuqa nabo aphinde abayekebenhlanhlatha ekudukeni kwabo.

أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ ٱشْتَرَوُا۟ ٱلضَّلَٰلَةَ بِٱلْهُدَىٰ فَمَا رَبِحَت تِّجَٰرَتُهُمْ وَمَا كَانُوا۟ مُهْتَدِينَ ﴿١٦﴾

16. Labo bathenge ukuduka ngokukhanya; kepha uhwebo lwabo alubanga nanzuzo, benjalo nje abekho endleleni eqondile.

1 (2:10) Lesi sifo ubuphixiphixi nokuzenzisa nenzondo esezinhlizweni zabo okubhekiswe kwabakholwayo.

17. Bafana nalowo ophemba umlilo, kuthi lapho usukhanyise indawo emzungezile; u-Allah abephuce ukukhanya kwabo abashiye ebumnyameni bengaboni[1].

مَثَلُهُمْ كَمَثَلِ ٱلَّذِى ٱسْتَوْقَدَ نَارًا فَلَمَّآ أَضَآءَتْ مَا حَوْلَهُۥ ذَهَبَ ٱللَّهُ بِنُورِهِمْ وَتَرَكَهُمْ فِى ظُلُمَٰتٍ لَّا يُبْصِرُونَ ﴿١٧﴾

18. Bayizithulu, bayizimungulu, bayizimpumputhe yingakho-nje bengezukuguquka.

صُمٌّۢ بُكْمٌ عُمْىٌ فَهُمْ لَا يَرْجِعُونَ ﴿١٨﴾

19. Kumbe bafana (nalabo abanethwa) yimvula evela emafini, enobumnyama nokuduma nombani; bavala izindlebe zabo ngeminwe yabo lapho liduma – besaba ukufa[2]; futhi u-Allah wazi kahle ngalabo abangakholwa.

أَوْ كَصَيِّبٍ مِّنَ ٱلسَّمَآءِ فِيهِ ظُلُمَٰتٌ وَرَعْدٌ وَبَرْقٌ يَجْعَلُونَ أَصَٰبِعَهُمْ فِىٓ ءَاذَانِهِم مِّنَ ٱلصَّوَٰعِقِ حَذَرَ ٱلْمَوْتِ ۚ وَٱللَّهُ مُحِيطٌۢ بِٱلْكَٰفِرِينَ ﴿١٩﴾

1 (2:17) Umlilo uneziphawulo ezimbili eziqavile; ukushisa okungqongqisayo nokukhanya. Kanjalo ne-*Isilamu*, iqiniso layo liyawashisa liwangqongqise amanga bese licacisa izinto ngobunjalo bazo zibe sobala kukhanye kuthi bha. Labo-ke abaphemba umlilo (abangena ku-*Isilamu*) ngenhloso yokuthola imfudumalo nokukhanya (inzuzo yasemhlabeni) kepha bengazimisele ukumelana nokushisa (iqiniso le-*Isilamu*) *bangoMunafiki* (amaphixiphixi), abaveza okunye bebe befukamele okunye. Ngakho-ke, ngenxa yobuphixiphixi babo u-Allah ubaphuce amandla okubona iqiniso, basala benhlanhlatha ebumnyameni bobuphixiphixi babo.

2 (2:19) Lapha u-Allah ufanisa i-*Islamu* nemvula eningi engenazikhukhula; yona uma ina endaweni ayikhethi phela emasini, kunalokho inela wonke umuntu; kanjalo ne-*Isilamu* ingeka wonke-wonke. Futhi amanzi emvula aletha ukuphila emhlabeni nemvundiso kumile ukudla okudliwa ngabantu nezilwane iphinde ikhuculule imfucuza. Kanjalo ne-*Isilamu*, iwumthombo wempilo kusintu sonkana ngoba iletha ukuphila ngokubakhulula ebugqileni bezinto zomhlaba nazo eziyindalo ka-Allah. Iphinde futhi ikhuculule izinkanuko nezimpambuko zenhliziyo nomzimba eziphambene nentando ka-Allah.

Kepha labo abanethwa yimvula (abangena ku-*Isilamu*) bengakukhathalele ukubaluleka kwemvula, balibala ukugxila ekuphazimeni kombani nokuduma kwezulu (iqiniso le-*Isilamu* elibashayisa ngonembeza) bese bevala izindlebe (balishaye indiva) bangamaphixiphixi).

يَكَادُ ٱلْبَرْقُ يَخْطَفُ أَبْصَٰرَهُمْ ۖ كُلَّمَآ أَضَآءَ لَهُم مَّشَوْا۟ فِيهِ وَإِذَآ أَظْلَمَ عَلَيْهِمْ قَامُوا۟ ۚ وَلَوْ شَآءَ ٱللَّهُ لَذَهَبَ بِسَمْعِهِمْ وَأَبْصَٰرِهِمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢٠﴾

20. Umbani uthi awubahlwithe ukubona kwabo; kuthi lapho ubakhanyisela bahambe kuwo, kuthi lapho sekumnyama bame; ukube u-Allah ubethanda ubengabaphuca ukuzwa kwabo nokubona kwabo; impela u-Allah ulawula izinto zonke.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ ٱعْبُدُوا۟ رَبَّكُمُ ٱلَّذِى خَلَقَكُمْ وَٱلَّذِينَ مِن قَبْلِكُمْ لَعَلَّكُمْ تَتَّقُونَ ﴿٢١﴾

21. Bantu, khonzani iNkosi yenu lena enidalile nina kanye nalabo abanandulelayo ukuze nibengabamthobelayo u-Allah.

ٱلَّذِى جَعَلَ لَكُمُ ٱلْأَرْضَ فِرَٰشًا وَٱلسَّمَآءَ بِنَآءً وَأَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَأَخْرَجَ بِهِۦ مِنَ ٱلثَّمَرَٰتِ رِزْقًا لَّكُمْ ۖ فَلَا تَجْعَلُوا۟ لِلَّهِ أَندَادًا وَأَنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٢٢﴾

22. Lena enindlalele umhlaba yaniphakamisela isibhakabhaka; futhi yehlisa amanzi emafini yakhiqiza ngawo izilimo enizidlayo; ngakho-ke musani ukubhangqau-Allah nezimbangi nibenazi kahle.

وَإِن كُنتُمْ فِى رَيْبٍ مِّمَّا نَزَّلْنَا عَلَىٰ عَبْدِنَا فَأْتُوا۟ بِسُورَةٍ مِّن مِّثْلِهِۦ وَٱدْعُوا۟ شُهَدَآءَكُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٢٣﴾

23. Uma nikwengabaza lokho esikwembulele kusigqila seThu [*uMuhamadi*]; qambani isahluko esifana nakho futhi nimeme abazonifakazela ngaphandle kuka-Allah uma niqinisile[1].

فَإِن لَّمْ تَفْعَلُوا۟ وَلَن تَفْعَلُوا۟ فَٱتَّقُوا۟ ٱلنَّارَ ٱلَّتِى وَقُودُهَا ٱلنَّاسُ وَٱلْحِجَارَةُ ۖ أُعِدَّتْ لِلْكَٰفِرِينَ ﴿٢٤﴾

24. Kepha uma nehluleka, futhi nibe ningasoze nakhona; zivikeleni emlilweni ozithungelo zawo ngabantu namatshe, olungiselelwe abangakholwa.

1 (2:23) Lena inselelo *u-Allah* ayiphonsela labo abanokungabaza ngokuthi *iKurani* iyiZwi lika-*Allah*elembulelwe, nabacabanga ukuthi *uMuhamadi* ﷺ wazibhalela yona yena ngokwakhe. Uma ngempela kunjalo angeke kwabanzima kubo ukukhiqiza incwajana efanayo; kanti-ke ukwehluleka kwabo kufakazela ukuthi iKurani ivela ku-*Allah*, lokho ngokwakho kuphinde kufakazele ukuthi nembala *uMuhamadi* ﷺ uyisithunywa sika *Allah* sangempela.

وَبَشِّرِ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ أَنَّ لَهُمۡ جَنَّٰتٖ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُۖ كُلَّمَا رُزِقُواْ مِنۡهَا مِن ثَمَرَةٖ رِّزۡقٗا قَالُواْ هَٰذَا ٱلَّذِي رُزِقۡنَا مِن قَبۡلُۖ وَأُتُواْ بِهِۦ مُتَشَٰبِهٗاۖ وَلَهُمۡ فِيهَآ أَزۡوَٰجٞ مُّطَهَّرَةٞۖ وَهُمۡ فِيهَا خَٰلِدُونَ ٢٥

25. Futhi halalisela labo abakholwayo abenza okulungileyo, ngokuthi bayothola izivande okugeleza imifula ngaphansi kwazo; kuyothi njalo uma belethelwa izithelo zakhona ukuze badle, bathi: "yikho kanye nje lokhu ebesikudla phambilini!" – phela balethelwe zona nje zithi azifane; futhi bayoba namakhosikazi amsulwa[1] kuzo, baphinde bahlale kuzo unaphakade.

إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَسۡتَحۡيِۦٓ أَن يَضۡرِبَ مَثَلٗا مَّا بَعُوضَةٗ فَمَا فَوۡقَهَاۚ فَأَمَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ فَيَعۡلَمُونَ أَنَّهُ ٱلۡحَقُّ مِن رَّبِّهِمۡۖ وَأَمَّا ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ فَيَقُولُونَ مَاذَآ أَرَادَ ٱللَّهُ بِهَٰذَا مَثَلٗاۘ يُضِلُّ بِهِۦ كَثِيرٗا وَيَهۡدِي بِهِۦ كَثِيرٗاۚ وَمَا يُضِلُّ بِهِۦٓ إِلَّا ٱلۡفَٰسِقِينَ ٢٦

26. Impela u-Allah akanqeni ukwenza noma yimuphi umzekelo kungaba umiyane noma okukhulu kunawo; labo abakholwayo bona bayazi ukuthi kuliqiniso elivela eNkosini yabo, kanti labo abangakholwa bavele bathi: "ingabe uhloseni u-Allah ngalomzekelo na?" – udukisa ngawo abaningi, aphinde aholengawo abaningi; kepha udukisa ngawo kuphela amahlongandlebe.

ٱلَّذِينَ يَنقُضُونَ عَهۡدَ ٱللَّهِ مِنۢ بَعۡدِ مِيثَٰقِهِۦ وَيَقۡطَعُونَ مَآ أَمَرَ ٱللَّهُ بِهِۦٓ أَن يُوصَلَ وَيُفۡسِدُونَ فِي ٱلۡأَرۡضِۚ أُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡخَٰسِرُونَ ٢٧

27. Labo abephula isibophezelo sika-Allah[2] emuva kokuba sesiqinisekisiwe, baphinde bahlakaze lokho u-Allah ayalele

1 (2:25) Amsulwa kukho konke ukugcola komzimba kwasemhlabeni, ngaso sonke isikhathi, futhi awakaze athintwe muntu, aphelele.!

2 (2:27) Okuyisona sibophezelo esikhulu kunazo zonke: ukukhonza u-Allah Yena Yedwa nokungambhangqi nalutho kanye nokuthobela intando yaKhe nokumkhonza ngendlela yeZithunywa zaKhe.

ukuba kugcinwe kuhlangene[1] futhi bone ezweni; labo bangabalahlekelwe.

كَيْفَ تَكْفُرُونَ بِٱللَّهِ وَكُنتُمْ أَمْوَٰتًا فَأَحْيَٰكُمْ ۖ ثُمَّ يُمِيتُكُمْ ثُمَّ يُحْيِيكُمْ ثُمَّ إِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٢٨﴾

28. Anikholelwa kanjani ku-Allah, nibe nanifile wanipha ukuphila, futhi uyonenza ukuba nife, aphinde anivuse futhi, bese nibuyela kuYe.

هُوَ ٱلَّذِى خَلَقَ لَكُم مَّا فِى ٱلْأَرْضِ جَمِيعًا ثُمَّ ٱسْتَوَىٰٓ إِلَى ٱلسَّمَآءِ فَسَوَّىٰهُنَّ سَبْعَ سَمَٰوَٰتٍ ۚ وَهُوَ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿٢٩﴾

29. Phela nguYena onidalele konke okusemhlabeni, wabe esephendukela ezulwini, walenza amazulu ayisikhombisa, futhi wazi konke.

وَإِذْ قَالَ رَبُّكَ لِلْمَلَٰٓئِكَةِ إِنِّى جَاعِلٌ فِى ٱلْأَرْضِ خَلِيفَةً ۖ قَالُوٓا۟ أَتَجْعَلُ فِيهَا مَن يُفْسِدُ فِيهَا وَيَسْفِكُ ٱلدِّمَآءَ وَنَحْنُ نُسَبِّحُ بِحَمْدِكَ وَنُقَدِّسُ لَكَ ۖ قَالَ إِنِّىٓ أَعْلَمُ مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿٣٠﴾

30. Kwathi lapho iNkosi yakho yithi ezingelosini: "ngizodala izizukulwane emhlabeni!"; zathi: "ingabe uzodala kuwo labo abazokona kuwo bachithe negazi; kulapho thina sikudumisa futhi sikungcwelisa"; wathi [u-Allah]: "impela Mina ngazi lokho eningakwazi".

وَعَلَّمَ ءَادَمَ ٱلْأَسْمَآءَ كُلَّهَا ثُمَّ عَرَضَهُمْ عَلَى ٱلْمَلَٰٓئِكَةِ فَقَالَ أَنۢبِـُٔونِى بِأَسْمَآءِ هَٰٓؤُلَآءِ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٣١﴾

31. Wafundisa *u Adamu* amagama ezinto zonke, wabe esezithula ezingelosini, wathi: "Ngitsheleni amagama azo zonke lezinto uma nineqiniso!"

قَالُوا۟ سُبْحَٰنَكَ لَا عِلْمَ لَنَآ إِلَّا مَا عَلَّمْتَنَا ۖ إِنَّكَ أَنتَ ٱلْعَلِيمُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٣٢﴾

32. Zathi: "Ungcwele Wena; asinalwazi ngaphandle kwalokho Wena osifundise kona, impela nguWe Owaziyo Okhaliphile".

1 (2:27) Ezinye zezinto u-Allah ayalele ukuba zigcinwe zihlangene, ubundlelwano obuhle nozalo noma umndeni, njengoba iSithunywa sika-*Allah* ﷺ sathi: *"al-Katwi'* (lowo onqamula ubuhlobo nozalo lakhe) angeke angene e*Jana* (ezulwini). [*Sahih Al-Bukhari, umql. 8, had. 13*]

قَالَ يَـٰٓـَٔادَمُ أَنۢبِئۡهُم بِأَسۡمَآئِهِمۡۖ فَلَمَّآ أَنۢبَأَهُم بِأَسۡمَآئِهِمۡ قَالَ أَلَمۡ أَقُل لَّكُمۡ إِنِّيٓ أَعۡلَمُ غَيۡبَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِ وَأَعۡلَمُ مَا تُبۡدُونَ وَمَا كُنتُمۡ تَكۡتُمُونَ ﴿٣٣﴾

33. Wathi [u-Allah]: "*Adamu*, batshele amagama azo!"; kuthe esezitshelile amagama azo, wathi [u-Allah]: "anginitshelanga yini ukuthi ngazi okungabonwayo emazulwini nasemhlabeni, futhi ngazi enikuveza obala nalokho enikufihlayo na?".

وَإِذۡ قُلۡنَا لِلۡمَلَـٰٓئِكَةِ ٱسۡجُدُواْ لِأَدَمَ فَسَجَدُوٓاْ إِلَّآ إِبۡلِيسَ أَبَىٰ وَٱسۡتَكۡبَرَ وَكَانَ مِنَ ٱلۡكَـٰفِرِينَ ﴿٣٤﴾

34. Kwathi lapho sithi ezingelosini: "khothamelani u-*Adamu*"; zakhothama, ngaphandle kuka *Ibhilisi*[1], wanqaba wazigqaja, waba ngomunyewabangakholwa.

وَقُلۡنَا يَـٰٓـَٔادَمُ ٱسۡكُنۡ أَنتَ وَزَوۡجُكَ ٱلۡجَنَّةَ وَكُلَا مِنۡهَا رَغَدًا حَيۡثُ شِئۡتُمَا وَلَا تَقۡرَبَا هَـٰذِهِ ٱلشَّجَرَةَ فَتَكُونَا مِنَ ٱلظَّـٰلِمِينَ ﴿٣٥﴾

35. Futhi sathi: "*Adamu*, hlala nomkakho esivandeni, nidle ngokunethezeka kuso lapho enithanda khona, kepha ningalinge nisondele kulomuthi, funa nibe ngabaphambukile".

فَأَزَلَّهُمَا ٱلشَّيۡطَـٰنُ عَنۡهَا فَأَخۡرَجَهُمَا مِمَّا كَانَا فِيهِۖ وَقُلۡنَا ٱهۡبِطُواْ بَعۡضُكُمۡ لِبَعۡضٍ عَدُوٌّۖ وَلَكُمۡ فِي ٱلۡأَرۡضِ مُسۡتَقَرٌّ وَمَتَـٰعٌ إِلَىٰ حِينٍ ﴿٣٦﴾

36. Kepha *uShayitani* wabakhubekisa bobabili ngaso; wabakhipha esimeni ababekuso; Sathi: "phumani abanye benu bayoba izitha kwabanye, futhi niyohlala emhlabeni ninethezeke kuze kufike isikhathi".

1 (2:34) Lona nguyena ongumholi wosathane bonke emhlabeni ovela esizweni samaJini (S, 18:50), akasiyo ingelosi nhlobo. Emva kwalesi senzo sakhe waphenduka isitha esiqavile kuzalo luka-Adamu lonkana (isintu). AmaJini, indalo ka-Allah ayidala ngomlilo (S, 7:12), ayakhona ukusibona, kepha thina sintu asikhoni (S, 7:27).

فَتَلَقَّىٰٓ ءَادَمُ مِن رَّبِّهِۦ كَلِمَٰتٍ فَتَابَ عَلَيْهِۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلتَّوَّابُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٣٧﴾

37. U-Adamu wathola amazwi[1] avela eNkosini yakhe, yamthethelela; impela Yona inguMthetheleli Onomusa.

قُلْنَا ٱهْبِطُوا۟ مِنْهَا جَمِيعًاۖ فَإِمَّا يَأْتِيَنَّكُم مِّنِّى هُدًى فَمَن تَبِعَ هُدَاىَ فَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿٣٨﴾

38. Sathi: "Phumani niphele nonke kuso; kuyothi uma kufika kini imiyalelo yaMi, labo abayolandela imiyalelo yaMi, abayukusaba futhi abasoze bakhathazeka".

وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَكَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَآ أُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٣٩﴾

39. Futhi laba abangakholwa, nabaphika imibiko yeThu, yibona labo abayongena emlilweni babhandle kuwo unaphakade.

يَٰبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ٱذْكُرُوا۟ نِعْمَتِىَ ٱلَّتِىٓ أَنْعَمْتُ عَلَيْكُمْ وَأَوْفُوا۟ بِعَهْدِىٓ أُوفِ بِعَهْدِكُمْ وَإِيَّٰىَ فَٱرْهَبُونِ ﴿٤٠﴾

40. Sizwe sakwa *Isirayeli*, khumbulani isibusiso saMi lesi enganibusisa ngaso, futhi nifeze isibophezelo saMi, nami ngizofeza isibophezelo senu, futhi nesabe Mina kuphela.

وَءَامِنُوا۟ بِمَآ أَنزَلْتُ مُصَدِّقًا لِّمَا مَعَكُمْ وَلَا تَكُونُوٓا۟ أَوَّلَ كَافِرٍۭ بِهِۦۖ وَلَا تَشْتَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِى ثَمَنًا قَلِيلًا وَإِيَّٰىَ فَٱتَّقُونِ ﴿٤١﴾

41. Futhi nikholelwe kulokho engikwembulele okufakazela lokho eninakho[2]; futhi ningabi

1 (2:37) Lana ngamazwi okushweleza u-Allah awembulela ku-Adamu ukuba ashweleze ngawo ngokuphula kwabo umyalelo ka-Allah mayelana nomuthi wasesivandeni. Lamazwi iKurani iyawabalula, bheka (S, 7:23).

2 (2:41) Izimfundiso zeZithunywa zika-Allah ezathunyelwa esizweni sakwa *Isirayeli* kanjalo neziNcwadi ezathunyelwa nazo, okubalwa kuzo *iTora* - eyembulelwa *kuMusa* hhayi *iTalmudi*, kanye ne-*Injili* eyembulelwa u-*Isa* hhayi iBhayibheli *neZaburi* eyembulelwa *kuDawudi* hhayi Amahubo; umongo womlayezo nengqikithi yemibiko ifana ncamashi nomlayezo ofike neSithunywa *uMuhamadi* ﷺ nemibiko yeKurani. Phela izincwadi ezifike neZithunywa zimthombomunye kanjalo nenkolo elandelwa iZithunywa zika-Allah nebezimemela izizwe zazo kuyo iyona i-*Isilamu*; okungukuzinikela ngokuphelele ekukhonzeni u-Allah kuphela nokungambhangqi nalutho.

abokuqala abangakholelwa kukho; futhi ningathengisi imibiko yaMi ngeze; futhi nithobele Mina kuphela.

وَلَا تَلْبِسُوا۟ ٱلْحَقَّ بِٱلْبَٰطِلِ وَتَكْتُمُوا۟ ٱلْحَقَّ وَأَنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٤٢﴾

42. Futhi ningaxubi iqiniso namanga noma nigodle iqiniso nibe nilazi.

وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتُوا۟ ٱلزَّكَوٰةَ وَٱرْكَعُوا۟ مَعَ ٱلرَّٰكِعِينَ ﴿٤٣﴾

43. Futhi yenzani *iSwala* ngokufanele nikhiphe ne*Zakati*, futhi nikhothame naba khothamayo.

*أَتَأْمُرُونَ ٱلنَّاسَ بِٱلْبِرِّ وَتَنسَوْنَ أَنفُسَكُمْ وَأَنتُمْ تَتْلُونَ ٱلْكِتَٰبَ ۚ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٤٤﴾

44. Niyalela abantu ngokulunga kepha nizikhohlwe nina uqobo, nibe niyifunda iNcwadi; kungani ningaqondi na?

وَٱسْتَعِينُوا۟ بِٱلصَّبْرِ وَٱلصَّلَوٰةِ ۚ وَإِنَّهَا لَكَبِيرَةٌ إِلَّا عَلَى ٱلْخَٰشِعِينَ ﴿٤٥﴾

45. Futhi celani usizo ngokubekezela nange*Swala*, yona inzima impela, ngaphandle kulabo abazithobayo.

ٱلَّذِينَ يَظُنُّونَ أَنَّهُم مُّلَٰقُوا۟ رَبِّهِمْ وَأَنَّهُمْ إِلَيْهِ رَٰجِعُونَ ﴿٤٦﴾

46. Labo abanesiqiniseko sokuthi bayohlangana neNkosi yabo, nokuthi bayobuyela kuYo.

يَٰبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ٱذْكُرُوا۟ نِعْمَتِىَ ٱلَّتِىٓ أَنْعَمْتُ عَلَيْكُمْ وَأَنِّى فَضَّلْتُكُمْ عَلَى ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٤٧﴾

47. Sizwe sakwa *Isirayeli*, khumbulani isibusiso saMi lesi enganibusisa ngaso nokuthi nganiqoka endalweni yonke.

وَٱتَّقُوا۟ يَوْمًا لَّا تَجْزِى نَفْسٌ عَن نَّفْسٍ شَيْـًٔا وَلَا يُقْبَلُ مِنْهَا شَفَٰعَةٌ وَلَا يُؤْخَذُ مِنْهَا عَدْلٌ وَلَا هُمْ يُنصَرُونَ ﴿٤٨﴾

48. Futhi sabani usuku lapho umuntu eyobe engenasizo lwalutho komunye; futhi akukho shwele oyokwamukelwa noma inhlawulo eyothathwa kuye; futhi abayikusizwa muntu.

وَإِذْ نَجَّيْنَٰكُم مِّنْ ءَالِ فِرْعَوْنَ
يَسُومُونَكُمْ سُوٓءَ ٱلْعَذَابِ يُذَبِّحُونَ
أَبْنَآءَكُمْ وَيَسْتَحْيُونَ نِسَآءَكُمْ ۚ وَفِى
ذَٰلِكُم بَلَآءٌ مِّن رَّبِّكُمْ عَظِيمٌ ﴿٤٩﴾

49. Futhi nikhumbule mhla sinihlenga esizweni sika*Firawuni* esabe sinihlukumeza kanzima, sibulala amadodana enu siyeke abesimame[1] benu; kukho konke lokho kwakunesivivinyo esikhululu esivela eNkosini yenu.

وَإِذْ فَرَقْنَا بِكُمُ ٱلْبَحْرَ فَأَنجَيْنَٰكُمْ
وَأَغْرَقْنَآ ءَالَ فِرْعَوْنَ وَأَنتُمْ تَنظُرُونَ ﴿٥٠﴾

50. Nikhumbule futhi mhla siniqhekezela ulwandle sanihlenga, kepha sasiminzisa isizwe sika*Firawuni* nibhekile.

وَإِذْ وَٰعَدْنَا مُوسَىٰٓ أَرْبَعِينَ لَيْلَةً ثُمَّ ٱتَّخَذْتُمُ
ٱلْعِجْلَ مِنۢ بَعْدِهِۦ وَأَنتُمْ ظَٰلِمُونَ ﴿٥١﴾

51. Futhi nikhumbule mhla sinqumela u*Musa* umhlangano wobusuku obungamashumi amane; kuthe lapho engekho nina nakukhonza ithole seniphambukile.

ثُمَّ عَفَوْنَا عَنكُم مِّنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ لَعَلَّكُمْ
تَشْكُرُونَ ﴿٥٢﴾

52. Kepha sanithethelela emuva kwalokho ukuze nibonge.

وَإِذْ ءَاتَيْنَا مُوسَى ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْفُرْقَانَ
لَعَلَّكُمْ تَهْتَدُونَ ﴿٥٣﴾

53. Futhi nikhumbule ukuthi sanika u*Musa* iNcwadi nomhlahlandlela ukuze nibe sendleni eqondile.

وَإِذْ قَالَ مُوسَىٰ لِقَوْمِهِۦ يَٰقَوْمِ إِنَّكُمْ
ظَلَمْتُمْ أَنفُسَكُم بِٱتِّخَاذِكُمُ ٱلْعِجْلَ
فَتُوبُوٓاْ إِلَىٰ بَارِئِكُمْ فَٱقْتُلُوٓاْ أَنفُسَكُمْ
ذَٰلِكُمْ خَيْرٌ لَّكُمْ عِندَ بَارِئِكُمْ فَتَابَ
عَلَيْكُمْ ۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلتَّوَّابُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٥٤﴾

54. Nikhumbule futhi mhla u*Musa* ethi kubantu bakhe: "Bakwethu, impela niphambukile ngokukhonza kwenu ithole, ngakho-ke, celani intethelelo kuMdali wenu; zibulaleni[2] nina

1 (2:49) Ukuze babenze izigqila zabo.

2 (2:54) Labo kubo ababengabagqugquzeli ekukhonzeni ithole, nabangalalelanga iSithunywa u*Haruni* umfowabo ka*Musa* okwathi lapho ebakhuza ebakhalima, kwaba zinhlanga zimuka nomoya.

ngokwenu; lokho kuyoncomeka ngani kuMdali wenu bese enithethelela; impela Yena unguMthetheleli Onesihawu".

وَإِذْ قُلْتُمْ يَٰمُوسَىٰ لَن نُّؤْمِنَ لَكَ حَتَّىٰ نَرَى ٱللَّهَ جَهْرَةً فَأَخَذَتْكُمُ ٱلصَّٰعِقَةُ وَأَنتُمْ تَنظُرُونَ ﴿٥٥﴾

55. Futhi nikhumbule mhla nithi ku*Musa*: "*Musa*, asisoze sakukholwa, kuze kube sizibonela thina u-Allah mathupha"; nabe senishaywa umbani nibhekile.

ثُمَّ بَعَثْنَٰكُم مِّنۢ بَعْدِ مَوْتِكُمْ لَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿٥٦﴾

56. Saphinda sanivusa emuva kokufa kwenu ukuze nibonge.

وَظَلَّلْنَا عَلَيْكُمُ ٱلْغَمَامَ وَأَنزَلْنَا عَلَيْكُمُ ٱلْمَنَّ وَٱلسَّلْوَىٰ ۖ كُلُوا۟ مِن طَيِّبَٰتِ مَا رَزَقْنَٰكُمْ ۚ وَمَا ظَلَمُونَا وَلَٰكِن كَانُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ يَظْلِمُونَ ﴿٥٧﴾

57. Futhi sanisibekela ngamafu sanehlisela *imana* ne*saliwa* [izigwaca] – "dlanini kulokho okuhlanzekile esinabele kona" – futhi abasilayanga Thina, kepha bazilaya bona uqobo.

وَإِذْ قُلْنَا ٱدْخُلُوا۟ هَٰذِهِ ٱلْقَرْيَةَ فَكُلُوا۟ مِنْهَا حَيْثُ شِئْتُمْ رَغَدًا وَٱدْخُلُوا۟ ٱلْبَابَ سُجَّدًا وَقُولُوا۟ حِطَّةٌ نَّغْفِرْ لَكُمْ خَطَٰيَٰكُمْ ۚ وَسَنَزِيدُ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٥٨﴾

58. Futhi khumbulani mhla sithi: "ngenani kulomuzi nidle kuwo lapho enithanda khona ngokunethezeka, futhi ningene esangweni nikhotheme, nithi: *'intethelelo'*, siyobe-ke sesinithethelela izimpambuko zenu, futhi sandisele labo abenza okuhle."

فَبَدَّلَ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ قَوْلًا غَيْرَ ٱلَّذِى قِيلَ لَهُمْ فَأَنزَلْنَا عَلَى ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ رِجْزًا مِّنَ ٱلسَّمَآءِ بِمَا كَانُوا۟ يَفْسُقُونَ ﴿٥٩﴾

59. Kepha labo abaphambukile bawaguqula amazwi basho okungewona ashiwo kubo; ngakho-ke sehlisela kulabo abaphambukile isijeziso esivela phezulu, ngenxa yobuhlongandlebe babo.

60. Futhi kwathi lapho u*Musa* ecelela abantu bakhe amanzi sathi: "shaya idwala ngenduku yakho"; kwagobhoza kulo imithombo eyishumi nambili; bonke abantu bebazi lapho okumele baphuze khona, – "dlanini futhi niphuze kulokho u-Allah anabele kona; futhi ningalokhu nenza ukonakala ezweni".

*وَإِذِ ٱسْتَسْقَىٰ مُوسَىٰ لِقَوْمِهِۦ فَقُلْنَا
ٱضْرِب بِّعَصَاكَ ٱلْحَجَرَ ۖ فَٱنفَجَرَتْ مِنْهُ
ٱثْنَتَا عَشْرَةَ عَيْنًا ۖ قَدْ عَلِمَ كُلُّ أُنَاسٍ
مَّشْرَبَهُمْ ۖ كُلُوا۟ وَٱشْرَبُوا۟ مِن رِّزْقِ ٱللَّهِ
وَلَا تَعْثَوْا۟ فِى ٱلْأَرْضِ مُفْسِدِينَ ﴿٦٠﴾

61. Khumbulani futhi mhla nithi: "*Musa,* ngeke siyibekezelele inhlobo eyodwa yokudla, ngakho-ke sicelele eNkosini yakho ukuba isikhiphele lokho okumila emhlabeni:imifino yawo namakhukhumba awo nogaligi wawo nembumba yawo kanye neswelo lawo". Wathi [u*Musa*]: "Ingabe nincamela lokho okusezingeni eliphansi kunalokho okuyikona okungcono na?; yanini kumuzi namuphi, impela lapho niyokuthola lokho enikucelile"; - bathweswa ukuhlazeka nenhlupheko futhi bazilethela ulaka luka-Allah; lokho kungenxa yokuthi babengakholelwa kwimibiko ka-Allah futhi babebulala abeMbulelwa ngokungemthetho; lokho kungenxa yokuthi babeyisa nokuthi bayizephulamthetho.

وَإِذْ قُلْتُمْ يَٰمُوسَىٰ لَن نَّصْبِرَ عَلَىٰ
طَعَامٍ وَٰحِدٍ فَٱدْعُ لَنَا رَبَّكَ يُخْرِجْ
لَنَا مِمَّا تُنۢبِتُ ٱلْأَرْضُ مِنۢ بَقْلِهَا
وَقِثَّآئِهَا وَفُومِهَا وَعَدَسِهَا وَبَصَلِهَا ۖ
قَالَ أَتَسْتَبْدِلُونَ ٱلَّذِى هُوَ أَدْنَىٰ بِٱلَّذِى
هُوَ خَيْرٌ ۚ ٱهْبِطُوا۟ مِصْرًا فَإِنَّ لَكُم
مَّا سَأَلْتُمْ ۗ وَضُرِبَتْ عَلَيْهِمُ ٱلذِّلَّةُ
وَٱلْمَسْكَنَةُ وَبَآءُو بِغَضَبٍ مِّنَ ٱللَّهِ ۚ
ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ كَانُوا۟ يَكْفُرُونَ بِـَٔايَٰتِ
ٱللَّهِ وَيَقْتُلُونَ ٱلنَّبِيِّـۧنَ بِغَيْرِ ٱلْحَقِّ ۚ ذَٰلِكَ
بِمَا عَصَوا۟ وَّكَانُوا۟ يَعْتَدُونَ ﴿٦١﴾

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَٱلَّذِينَ هَادُواْ وَٱلنَّصَٰرَىٰ وَٱلصَّٰبِـِٔينَ مَنْ ءَامَنَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْـَٔاخِرِ وَعَمِلَ صَٰلِحًا فَلَهُمْ أَجْرُهُمْ عِندَ رَبِّهِمْ وَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿٦٢﴾

62. Impela labo abakholwayo, nalabo abangamaJuda[1] nama *Nasara*[2] kanye nama *Sabiya*[3]; yilowo nalowo kubo okholelwa ku-Allah nasoSukwini lokuGcina futhi enza okulungileyo; bayothola umvuzo wabo eNkosini yabo futhi abayukusaba noma babe lusizi[4].

وَإِذْ أَخَذْنَا مِيثَٰقَكُمْ وَرَفَعْنَا فَوْقَكُمُ ٱلطُّورَ خُذُواْ مَآ ءَاتَيْنَٰكُم بِقُوَّةٍ وَٱذْكُرُواْ مَا فِيهِ لَعَلَّكُمْ تَتَّقُونَ ﴿٦٣﴾

63. Khumbulani futhi mhla senza isibophezelo nani, saqongisa intaba i*Turi* phezu kwenu: "thathani lokhu esininika kona ngokuzimisela futhi nikukhumbule lokho ekuqukethe(*iTora*) ukuze nibe ngabamthobelayo u-Allah".

ثُمَّ تَوَلَّيْتُم مِّنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ ۖ فَلَوْلَا فَضْلُ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَتُهُۥ لَكُنتُم مِّنَ ٱلْخَٰسِرِينَ ﴿٦٤﴾

64. Kepha anibanga nandaba emuva kwalokho; ukube bekungewona umusa ka-Allah nesihawu saKhe, ngabe naba ngabalahlekelwe.

1 (2:62) Yilabo abaqhakambisa ukulandela imithetho yeSithunywa u*Musa* owabe ethunyelwe esizweni sakwa *Israyeli*, esesaziwa ngokuthi amaJuda ngenxa yokuthi ubukhosi babo bokugcina babaziwa ngobukaJuda.

2 (2:62) Yilabo abaqhakambisa ukulandela iSithunywa u-*Isa* wase*Nasarina*, naye owayethunyelwe esizweni sakwa *Isriayeli* emva kwa*Musa*. Baziwa manje njengemaKrestu jikelele, okuligama *lesiGiriki* elichaza "ogcotshiweyo". Abokuqala ukusebenzisa leligama ukuchaza abalandeli baka-*IsaabaGiriki* base *Antiyokiya*.

3 (2:62) Abantu basendulo ababehlala e*Musal* ezweni lase *Iraki*, baziwa njengesizwe sa*Makhaladini*. Babengasiwona amaJuda noma *amaNasara* ngokwenkolo. Inkolo yabo kubikwa ukuthi yayigxile kakhulu ezinkanyezini.

4 (2:62) Lombiko uchaza ukuthi, noma ngabe ubani olandela noma yiphi inkolo; ukuze aphumelele kumele akholelwe ku-Allah nasoSukwini lokwahlulelwa bese enze okulungileyo emhlabeni ngokuthobela intandoka-Allah ngendlela ye-*Isilamu* okuyiyona kuphela indlela nenkolo eyamukelekile ku-Allah. Bheka (3:85).

وَلَقَدْ عَلِمْتُمُ ٱلَّذِينَ ٱعْتَدَوْا۟ مِنكُمْ فِى ٱلسَّبْتِ فَقُلْنَا لَهُمْ كُونُوا۟ قِرَدَةً خَٰسِـِٔينَ ﴿٦٥﴾

65. Futhi nanibazi kahle labo kini abephula umthetho nge*Sabatha*; sase sithi kubo: "Yibani izinkawu ezidicilelekile".

فَجَعَلْنَٰهَا نَكَٰلًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهَا وَمَا خَلْفَهَا وَمَوْعِظَةً لِّلْمُتَّقِينَ ﴿٦٦﴾

66. Sakwenza lokho kwaba isifundo kulabo ababekhona nakulabo abalandelayo futhi kwaba iseluleko kulabo abamthobelayo u-Allah.

وَإِذْ قَالَ مُوسَىٰ لِقَوْمِهِۦٓ إِنَّ ٱللَّهَ يَأْمُرُكُمْ أَن تَذْبَحُوا۟ بَقَرَةً ۖ قَالُوٓا۟ أَتَتَّخِذُنَا هُزُوًا ۖ قَالَ أَعُوذُ بِٱللَّهِ أَنْ أَكُونَ مِنَ ٱلْجَٰهِلِينَ ﴿٦٧﴾

67. Nikhumbule futhi mhla u*Musa* ethi esizweni sakhe: "Impela u-Allah uniyalela ukuba nihlabe inkomo." Bathi: "Ingabe uhlekisa ngathi na?" Wathi: "Ngizivikela ngo-Allah ekubeni isiwula".

قَالُوا۟ ٱدْعُ لَنَا رَبَّكَ يُبَيِّن لَّنَا مَا هِىَ ۚ قَالَ إِنَّهُۥ يَقُولُ إِنَّهَا بَقَرَةٌ لَّا فَارِضٌ وَلَا بِكْرٌ ۖ عَوَانٌۢ بَيْنَ ذَٰلِكَ ۖ فَٱفْعَلُوا۟ مَا تُؤْمَرُونَ ﴿٦٨﴾

68. Bathi: "Sicelele eNkosini yakho isicacisele ukuthi enjani na?" Wathi: "Ithi, inkomo engendala futhi nengencane ephakathi kwalokho nje; yenzani-ke eniyalelwe kona".

قَالُوا۟ ٱدْعُ لَنَا رَبَّكَ يُبَيِّن لَّنَا مَا لَوْنُهَا ۚ قَالَ إِنَّهُۥ يَقُولُ إِنَّهَا بَقَرَةٌ صَفْرَآءُ فَاقِعٌ لَّوْنُهَا تَسُرُّ ٱلنَّٰظِرِينَ ﴿٦٩﴾

69. Bathi: "Sicelele eNkosini yakho isicacisele ukuthi imbala muni na?" Wathi: "Ithi, inkomo ephuzi, embala ogqamile, encomekayo kwabayibonayo".

قَالُوا۟ ٱدْعُ لَنَا رَبَّكَ يُبَيِّن لَّنَا مَا هِىَ إِنَّ ٱلْبَقَرَ تَشَٰبَهَ عَلَيْنَا ۖ وَإِنَّآ إِن شَآءَ ٱللَّهُ لَمُهْتَدُونَ ﴿٧٠﴾

70. Bathi: "Sicelele eNkosini yakho isicacisele ukuthi enjani na, lokhu phela izinkomo ziyefana kithi; impela uma u-Allah ethanda sizocaciseleka".

قَالَ إِنَّهُۥ يَقُولُ إِنَّهَا بَقَرَةٌ لَّا ذَلُولٌ تُثِيرُ ٱلْأَرْضَ وَلَا تَسْقِى ٱلْحَرْثَ مُسَلَّمَةٌ لَّا شِيَةَ فِيهَا ۚ قَالُوا۟ ٱلْـَٰٔنَ جِئْتَ بِٱلْحَقِّ ۚ فَذَبَحُوهَا وَمَا كَادُوا۟ يَفْعَلُونَ ﴿٧١﴾

71. Wathi: "Ithi, inkomo engaqeqeshelwe ukulima noma ukunisela amasimu, imsulwa ayinasici"; bathi: "manje usukhuluma iqiniso"; base beyihlaba yize babemadolonzima.

72. Khumbulani futhi mhla nibulele umuntu naphikisana nodwangaye; futhi u-Allah uyokuveza obala lokho ebenikufihlile.

وَإِذْ قَتَلْتُمْ نَفْسًا فَٱدَّٰرَٰٔتُمْ فِيهَا ۖ وَٱللَّهُ مُخْرِجٌ مَّا كُنتُمْ تَكْتُمُونَ ﴿٧٢﴾

73. Sabe sesithi: "mshayeni [umufi] ngesitho sayo [inkomo]"; u-Allah ubavusa kanjalo abafileyo futhi unikhombisa izibonakaliso zaKhe ukuze niqondisise.

فَقُلْنَا ٱضْرِبُوهُ بِبَعْضِهَا ۚ كَذَٰلِكَ يُحْىِ ٱللَّهُ ٱلْمَوْتَىٰ وَيُرِيكُمْ ءَايَٰتِهِۦ لَعَلَّكُمْ تَعْقِلُونَ ﴿٧٣﴾

74. Kepha emuva kwalokho izinhliziyo zenu zaba lukhuni okwamatshe noma ngokwendlulele kakhulu; phela amatshe kunalawo okugeleza kuwo imifula, kube nalawo aqhekekayo kugobhoze amanzi kuwo futhi kubenalawo agingqikayo ngenxa yokwesaba u-Allah; futhi u-Allah akaphuthelwa yilutho kulokho enikwenzayo.

ثُمَّ قَسَتْ قُلُوبُكُم مِّنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ فَهِىَ كَٱلْحِجَارَةِ أَوْ أَشَدُّ قَسْوَةً ۚ وَإِنَّ مِنَ ٱلْحِجَارَةِ لَمَا يَتَفَجَّرُ مِنْهُ ٱلْأَنْهَٰرُ ۚ وَإِنَّ مِنْهَا لَمَا يَشَّقَّقُ فَيَخْرُجُ مِنْهُ ٱلْمَآءُ ۚ وَإِنَّ مِنْهَا لَمَا يَهْبِطُ مِنْ خَشْيَةِ ٱللَّهِ ۗ وَمَا ٱللَّهُ بِغَٰفِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿٧٤﴾

75. Ingabe ninethemba lokuthi bayonikholwa, bheka ngoba kunabanye babo ababelalela amazwi ka-Allah bese beyawahlanekezela ngamabomu emuva kokuba sebewaqondile.

*أَفَتَطْمَعُونَ أَن يُؤْمِنُوا۟ لَكُمْ وَقَدْ كَانَ فَرِيقٌ مِّنْهُمْ يَسْمَعُونَ كَلَٰمَ ٱللَّهِ ثُمَّ يُحَرِّفُونَهُۥ مِنۢ بَعْدِ مَا عَقَلُوهُ وَهُمْ يَعْلَمُونَ ﴿٧٥﴾

76. Uma behlangana nalabo abakholwayo bathi: "nathi siyakholwa"; kepha uma sebebodwa ngasese bathi: "ingabe nibatshelelani ngalokho u-Allah anambulela kona, funa banimangelele ngakho eNkosini yenu; kungani ningacabangi na?

وَإِذَا لَقُوا۟ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ قَالُوٓا۟ ءَامَنَّا وَإِذَا خَلَا بَعْضُهُمْ إِلَىٰ بَعْضٍ قَالُوٓا۟ أَتُحَدِّثُونَهُم بِمَا فَتَحَ ٱللَّهُ عَلَيْكُمْ لِيُحَآجُّوكُم بِهِۦ عِندَ رَبِّكُمْ ۚ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٧٦﴾

أَوَلَا يَعْلَمُونَ أَنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ مَا يُسِرُّونَ وَمَا يُعْلِنُونَ ﴿٧٧﴾

77. Ingabe abazi yini ukuthi u-Allah ukwazi konke abakufihlayo nabakuveza obala.

وَمِنْهُمْ أُمِّيُّونَ لَا يَعْلَمُونَ ٱلْكِتَٰبَ إِلَّآ أَمَانِيَّ وَإِنْ هُمْ إِلَّا يَظُنُّونَ ﴿٧٨﴾

78. Futhi kubo kunalabo abangafundile, abangazazi izimfundiso zeNcwadi ngaphandle kwezifiso nje (abanazo) futhibayaziqagelela nje.

فَوَيْلٌ لِّلَّذِينَ يَكْتُبُونَ ٱلْكِتَٰبَ بِأَيْدِيهِمْ ثُمَّ يَقُولُونَ هَٰذَا مِنْ عِندِ ٱللَّهِ لِيَشْتَرُوا۟ بِهِۦ ثَمَنًا قَلِيلًا ۖ فَوَيْلٌ لَّهُم مِّمَّا كَتَبَتْ أَيْدِيهِمْ وَوَيْلٌ لَّهُم مِّمَّا يَكْسِبُونَ ﴿٧٩﴾

79. Bayobhubha labo abaloba incwadi ngezandla zabo bese bethi: "lena ivela ku Allah", ukuze bathole ngayo inzuzo eyize; bayobhubha ngenxa yalokho okulotshwe izandla zabo futhi bayobhubha ngenxa yalokho abakuzuzayo.

وَقَالُوا۟ لَن تَمَسَّنَا ٱلنَّارُ إِلَّآ أَيَّامًا مَّعْدُودَةً ۚ قُلْ أَتَّخَذْتُمْ عِندَ ٱللَّهِ عَهْدًا فَلَن يُخْلِفَ ٱللَّهُ عَهْدَهُۥٓ ۖ أَمْ تَقُولُونَ عَلَى ٱللَّهِ مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿٨٠﴾

80. Futhi bathi: "umlilo uyosishisa nje izinsukwana ezimbalwa"; yithi: "Ingabe ninesivumelwano enasenza no-Allah na; phela u-Allah akasoze asiphula isivumelwano saKhe; kumbe nje nikhuluma into eningayazi ngo-Allah!".

بَلَىٰ مَن كَسَبَ سَيِّئَةً وَأَحَٰطَتْ بِهِۦ خَطِيٓـَٔتُهُۥ فَأُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٨١﴾

81. Impela, lowo owenza okubi aze ahaqwe izimpambuko zakhe; labo bayongena eMlilweni, babhadle kuwo unaphakade.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ أُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلْجَنَّةِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٨٢﴾

82. Kanti labo abakholwayo futhi abenza okulungileyo bayongena e*Janna,* bahlale kuyo unaphakade.

وَإِذْ أَخَذْنَا مِيثَٰقَ بَنِيٓ إِسْرَٰٓءِيلَ لَا تَعْبُدُونَ إِلَّا ٱللَّهَ وَبِٱلْوَٰلِدَيْنِ إِحْسَانًا وَذِى ٱلْقُرْبَىٰ وَٱلْيَتَٰمَىٰ وَٱلْمَسَٰكِينِ وَقُولُوا۟ لِلنَّاسِ حُسْنًا وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتُوا۟ ٱلزَّكَوٰةَ ثُمَّ تَوَلَّيْتُمْ إِلَّا قَلِيلًا مِّنكُمْ وَأَنتُم مُّعْرِضُونَ ﴿٨٣﴾

83. Khumbulani mhla senza isivumelwano nesizwe sakwa *Isirayeli* (esithi):"ningakhonzi lutho ngaphandle kuka Allah, futhi niphathe kahle abazali nezihlobo nezintandane kanye nabampofu, futhi nikhulume amazwi amahle kubantu, nenze *iSwala* ngokufanele nikhiphe *neZakati*"; kepha anibanganandaba nakushaya indiva lokho ngaphandle nje kwedlanzana lenu.

وَإِذْ أَخَذْنَا مِيثَٰقَكُمْ لَا تَسْفِكُونَ دِمَآءَكُمْ وَلَا تُخْرِجُونَ أَنفُسَكُم مِّن دِيَٰرِكُمْ ثُمَّ أَقْرَرْتُمْ وَأَنتُمْ تَشْهَدُونَ ﴿٨٤﴾

84. Nikhumbule futhi ukuthi senza isivumelwano nani: "Ningabulalani futhi ningaxoshani emizini yenu", navuma naba ngofakazi.

ثُمَّ أَنتُمْ هَٰٓؤُلَآءِ تَقْتُلُونَ أَنفُسَكُمْ وَتُخْرِجُونَ فَرِيقًا مِّنكُم مِّن دِيَٰرِهِمْ تَظَٰهَرُونَ عَلَيْهِم بِٱلْإِثْمِ وَٱلْعُدْوَٰنِ وَإِن يَأْتُوكُمْ أُسَٰرَىٰ تُفَٰدُوهُمْ وَهُوَ مُحَرَّمٌ عَلَيْكُمْ إِخْرَاجُهُمْ ۚ أَفَتُؤْمِنُونَ بِبَعْضِ ٱلْكِتَٰبِ وَتَكْفُرُونَ بِبَعْضٍ ۚ فَمَا جَزَآءُ مَن يَفْعَلُ ذَٰلِكَ مِنكُمْ إِلَّا خِزْىٌ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۖ وَيَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ يُرَدُّونَ إِلَىٰٓ أَشَدِّ ٱلْعَذَابِ ۗ وَمَا ٱللَّهُ بِغَٰفِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿٨٥﴾

85. Kepha kwaba yinina laba, senibulalana nodwa nikhipha abanye benu emizini yabo futhi nibahlanganela ngokungemthetho nibahlukumeza; uma beza kini njengeziboshwa niyabahlawulisa, yize naningavunyelwe ukubakhipha. Ingabe nikholelwa kwingxenye yeNcwadi niphinde ningakholelwa kwenye na; kuyobayini umvuzo waloyo owenza lokho kini ngaphandle kokuthelwa ngehlazo emhlabeni, bese ngoSuku lokwahlulela uyofakwa esijezisweni esinzima kakhulu; phela u-Allah akaphuthelwa yilutho kulokho enikwenzayo.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ ٱشْتَرَوُا۟ ٱلْحَيَوٰةَ ٱلدُّنْيَا بِٱلْـَٔاخِرَةِ ۖ فَلَا يُخَفَّفُ عَنْهُمُ ٱلْعَذَابُ وَلَا هُمْ يُنصَرُونَ ﴿٨٦﴾

86. Labo, yibo kanye abakhethe impilo yasemhlabeni kune yakwelizayo; ngakho-ke abayikuxegiselwa isijeziso futhi akekho oyobasiza.

وَلَقَدْ ءَاتَيْنَا مُوسَى ٱلْكِتَٰبَ وَقَفَّيْنَا مِنۢ بَعْدِهِۦ بِٱلرُّسُلِ ۖ وَءَاتَيْنَا عِيسَى ٱبْنَ مَرْيَمَ ٱلْبَيِّنَٰتِ وَأَيَّدْنَٰهُ بِرُوحِ ٱلْقُدُسِ ۗ أَفَكُلَّمَا جَآءَكُمْ رَسُولٌۢ بِمَا لَا تَهْوَىٰٓ أَنفُسُكُمُ ٱسْتَكْبَرْتُمْ فَفَرِيقًا كَذَّبْتُمْ وَفَرِيقًا تَقْتُلُونَ ﴿٨٧﴾

87. Futhi sanika u*Musa* iNcwadi, salandelisa ngezinye iZithunywa emuva kwakhe; futhi sanika no-*Isa* indodana ka*Mariyamu* izibonakaliso saphinde samsekela ngo*Ruhulukudusi* [u*Jibhirili*]. Ingabe njalo nje uma kufika kini iSithunywa nalokho eningakufuni niyazigqaja; ezinye niyaziphikisa kuthi ezinye nizibulale.

وَقَالُوا۟ قُلُوبُنَا غُلْفٌۢ ۚ بَل لَّعَنَهُمُ ٱللَّهُ بِكُفْرِهِمْ فَقَلِيلًا مَّا يُؤْمِنُونَ ﴿٨٨﴾

88. Futhi bathi: "izinhliziyo zethu zilukhuni"; empeleni u-Allah ubaqalekisile ngenxa yokungakholwa kwabo, yingakho nje beyingcosana abakholwayo.

وَلَمَّا جَآءَهُمْ كِتَٰبٌ مِّنْ عِندِ ٱللَّهِ مُصَدِّقٌ لِّمَا مَعَهُمْ وَكَانُوا۟ مِن قَبْلُ يَسْتَفْتِحُونَ عَلَى ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ فَلَمَّا جَآءَهُم مَّا عَرَفُوا۟ كَفَرُوا۟ بِهِۦ ۚ فَلَعْنَةُ ٱللَّهِ عَلَى ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٨٩﴾

89. Kuthe uma sekufika kubo iNcwadi [iKurani] evela ku-Allah ifakazela lokho abanako [*iTora*] – kanti naphambilini babezithembise ukunqoba labo abangakholwa[1] – kephakuthe uma sekufika lokho abakwaziyo, bakuphika; ngakho-ke isiqalekiso sika-Allah sikulabo abangakholwa.

1 (2:89) AmaJuda *aseMadina* ayengomakhelwane nama Arabhu ngaphambi kokufika kweSithunywa *uMuhamadi* ﷺ. Ama-*Arabhu* ngalesosikhathi ayekhonza izithixo kuyiwona abusa *iMadina*. AmaJuda ayehlala esabisa ama-*Arabhu* ngokuthi kulotshiwe eNcwadini yawo (*iTora*) ukuthi kuzofika iSithunywa sika-Allah e-*Arabhiya,* ngaphansi kobuholi baso bayowanqoba ama-*Arabhu* wonkana. Kepha kuthe sesifika lesi Sithunywa *esinguMuhamadi*, bamphika.

بِئْسَمَا ٱشْتَرَوْا۟ بِهِۦٓ أَنفُسَهُمْ أَن يَكْفُرُوا۟ بِمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ بَغْيًا أَن يُنَزِّلَ ٱللَّهُ مِن فَضْلِهِۦ عَلَىٰ مَن يَشَآءُ مِنْ عِبَادِهِۦ ۖ فَبَآءُو بِغَضَبٍ عَلَىٰ غَضَبٍ ۚ وَلِلْكَٰفِرِينَ عَذَابٌ مُّهِينٌ ﴿٩٠﴾

90. Kubi lokhu abazikhethele kona, ukuba bangakholelwa kulokho u-Allah akwembulelwe benziwa yinzondo yokuthi u-Allah wembulele kwamthandayo ezigqileni zaKhe ngomusa waKhe; ngakho-ke baziletha ulaka phezu kolaka, futhi abangakholwa bayothola isijeziso esihlazayo.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمْ ءَامِنُوا۟ بِمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ قَالُوا۟ نُؤْمِنُ بِمَآ أُنزِلَ عَلَيْنَا وَيَكْفُرُونَ بِمَا وَرَآءَهُۥ وَهُوَ ٱلْحَقُّ مُصَدِّقًا لِّمَا مَعَهُمْ ۗ قُلْ فَلِمَ تَقْتُلُونَ أَنۢبِيَآءَ ٱللَّهِ مِن قَبْلُ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٩١﴾

91. Uma kuthiwa kubo: "kholelwani kulokho u-Allah akwembulele", bathi: "sikholelwa kulokhu okwembulelwe kithi" – abakholelwa kokunye ngale kwakho, nakuba kuyiqiniso elifakazela lokho abanakho – yithi: "pho kungani nanibulala iZithunywa zika-Allah endulo uma ngempela beningabakholwayo na?".

*وَلَقَدْ جَآءَكُم مُّوسَىٰ بِٱلْبَيِّنَٰتِ ثُمَّ ٱتَّخَذْتُمُ ٱلْعِجْلَ مِنۢ بَعْدِهِۦ وَأَنتُمْ ظَٰلِمُونَ ﴿٩٢﴾

92. Futhi no*Musa* wafika kini nezibonakaliso; kepha nina nakhonza ithole mhla engekho naba ngabaphambukile.

وَإِذْ أَخَذْنَا مِيثَٰقَكُمْ وَرَفَعْنَا فَوْقَكُمُ ٱلطُّورَ خُذُوا۟ مَآ ءَاتَيْنَٰكُم بِقُوَّةٍ وَٱسْمَعُوا۟ ۖ قَالُوا۟ سَمِعْنَا وَعَصَيْنَا وَأُشْرِبُوا۟ فِى قُلُوبِهِمُ ٱلْعِجْلَ بِكُفْرِهِمْ ۚ قُلْ بِئْسَمَا يَأْمُرُكُم بِهِۦٓ إِيمَٰنُكُمْ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٩٣﴾

93. Nikhumbule futhi mhla senza isivumelwano nani, saqongisa intaba i*Turi* phezu kwenu (Sathi): "yamukelani lokho esiniyalela kona ngokuzimisela, futhi nilalele"; bathi: "siyezwa kepha asilaleli". Lwagxila uthando lwethole ezinhliziyweni zabo ngenxa yokungakholwa kwabo. Yithi: "Kwaze kwakubi loku enikuyalelwa ukholo lwenu uma ngempela ningabakholwayo.

94. Yithi: "Uma ikhaya lakwelizayo ku-Allah kungelenu kuphela ngaphandle kwabanye abantu, langazelelani-ke ukufa uma niqinisile!"

قُلْ إِن كَانَتْ لَكُمُ ٱلدَّارُ ٱلْـَٔاخِرَةُ عِندَ ٱللَّهِ خَالِصَةً مِّن دُونِ ٱلنَّاسِ فَتَمَنَّوُا۟ ٱلْمَوْتَ إِن كُنتُمْ صَـٰدِقِينَ ﴿٩٤﴾

95. Abasoze bakulangazelela nhlobo (ukufa) ngenxa yezenzo zabo; futhi u-Allah ubazi kahle abaphambukile.

وَلَن يَتَمَنَّوْهُ أَبَدًۢا بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيهِمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِٱلظَّـٰلِمِينَ ﴿٩٥﴾

96. Futhi uzobafumanisa kuyibona abalangazelela ukuphila kunabo bonke abantu ngishonalabo ababhangqayo imbala; omunye wabo ufisa engathi engaphila inkulungwane yeminyaka nakuba ukuphila isikhathi eside kungeke kwamhlenga esijezisweni; futhi u-Allah ukubona konke abakwenzayo.

وَلَتَجِدَنَّهُمْ أَحْرَصَ ٱلنَّاسِ عَلَىٰ حَيَوٰةٍ وَمِنَ ٱلَّذِينَ أَشْرَكُوا۟ ۚ يَوَدُّ أَحَدُهُمْ لَوْ يُعَمَّرُ أَلْفَ سَنَةٍ وَمَا هُوَ بِمُزَحْزِحِهِۦ مِنَ ٱلْعَذَابِ أَن يُعَمَّرَ ۗ وَٱللَّهُ بَصِيرٌۢ بِمَا يَعْمَلُونَ ﴿٩٦﴾

97. Yithi (Sithunywa): "Lowo oyisitha sika*Jibhirili* – impela nguye olethe [iKur'ani] enhliziyweni yakho ngemvumo ka-Allah, ifakazela lokhu okwembulelwe ngaphambi kwayo futhi iwumhlahlandlela nomethuli wezindaba ezinhle kulabo abakholwayo.

قُلْ مَن كَانَ عَدُوًّا لِّجِبْرِيلَ فَإِنَّهُۥ نَزَّلَهُۥ عَلَىٰ قَلْبِكَ بِإِذْنِ ٱللَّهِ مُصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهِ وَهُدًى وَبُشْرَىٰ لِلْمُؤْمِنِينَ ﴿٩٧﴾

98. Lowo oyisitha sika-Allah nezingelosi zaKhe neZithunywa zaKhe no*Jibhirili* no*Mikhala* – impela u-Allah uyisitha salabo abangakholwa.

مَن كَانَ عَدُوًّا لِّلَّهِ وَمَلَـٰٓئِكَتِهِۦ وَرُسُلِهِۦ وَجِبْرِيلَ وَمِيكَىٰلَ فَإِنَّ ٱللَّهَ عَدُوٌّ لِّلْكَـٰفِرِينَ ﴿٩٨﴾

99. Futhi sembulele kuwe (Sithunywa) imibiko ecacile; kanti futhi amahlongandlebe kuphela angakholelwa kuyo.

وَلَقَدْ أَنزَلْنَآ إِلَيْكَ ءَايَـٰتٍۭ بَيِّنَـٰتٍ ۖ وَمَا يَكْفُرُ بِهَآ إِلَّا ٱلْفَـٰسِقُونَ ﴿٩٩﴾

أَوَكُلَّمَا عَٰهَدُواْ عَهۡدٗا نَّبَذَهُۥ فَرِيقٞ مِّنۡهُمۚ بَلۡ أَكۡثَرُهُمۡ لَا يُؤۡمِنُونَ ١٠٠

100. Njalo nje uma benza isivumelwano, kunalabo kubo abavele bangasigcini; empeleni iningi labo alikholwa.

وَلَمَّا جَآءَهُمۡ رَسُولٞ مِّنۡ عِندِ ٱللَّهِ مُصَدِّقٞ لِّمَا مَعَهُمۡ نَبَذَ فَرِيقٞ مِّنَ ٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلۡكِتَٰبَ كِتَٰبَ ٱللَّهِ وَرَآءَ ظُهُورِهِمۡ كَأَنَّهُمۡ لَا يَعۡلَمُونَ ١٠١

101. Futhi kuthe uma kufika kubo iSithunywa [*uMuhamadi*] esivela ku-Allah sifakazela lokho abavele benakho; kunalabo kwabanikwa iNcwadi abavele bayifulathela iNcwadi ka-Allah bashaya ngathi abazi.

وَٱتَّبَعُواْ مَا تَتۡلُواْ ٱلشَّيَٰطِينُ عَلَىٰ مُلۡكِ سُلَيۡمَٰنَۖ وَمَا كَفَرَ سُلَيۡمَٰنُ وَلَٰكِنَّ ٱلشَّيَٰطِينَ كَفَرُواْ يُعَلِّمُونَ ٱلنَّاسَ ٱلسِّحۡرَ وَمَآ أُنزِلَ عَلَى ٱلۡمَلَكَيۡنِ بِبَابِلَ هَٰرُوتَ وَمَٰرُوتَۚ وَمَا يُعَلِّمَانِ مِنۡ أَحَدٍ حَتَّىٰ يَقُولَآ إِنَّمَا نَحۡنُ فِتۡنَةٞ فَلَا تَكۡفُرۡۖ فَيَتَعَلَّمُونَ مِنۡهُمَا مَا يُفَرِّقُونَ بِهِۦ بَيۡنَ ٱلۡمَرۡءِ وَزَوۡجِهِۦۚ وَمَا هُم بِضَآرِّينَ بِهِۦ مِنۡ أَحَدٍ إِلَّا بِإِذۡنِ ٱللَّهِۚ وَيَتَعَلَّمُونَ مَا يَضُرُّهُمۡ وَلَا يَنفَعُهُمۡۚ وَلَقَدۡ عَلِمُواْ لَمَنِ ٱشۡتَرَىٰهُ مَا لَهُۥ فِي ٱلۡأٓخِرَةِ مِنۡ خَلَٰقٖۚ وَلَبِئۡسَ مَا شَرَوۡاْ بِهِۦٓ أَنفُسَهُمۡۚ لَوۡ كَانُواْ يَعۡلَمُونَ ١٠٢

102. Balandela lokho okwakufundwa *Oshayitane* ngesikhathi sika*Sulayimani*; futhi u*Sulayimani* akabanga ongakholwa kepha *Oshayitane* bona baba abangakholwa; babefundisa abantu ukuthakatha kanye nalokho okwembulelwa kuzingelosi ezimbili u*Haruta* no*Maruta eBhabhili*; babengafundisi muntu bengakasho ukuthi: "Thina siyisivivinyo, ngakho-ke ungabi ongakholwa"; bafunda kuzo ukuhlukanisa indoda nomkayo (isichitho) – futhi angeke bakhona ukulimaza muntu ngakho ngaphandle kwemvumo ka-Allah – bafundalokho okubalimazayo nokungabasizi; futhi bebazi ukuthi loyo okhetha ubuthakathi akayikuba nasabelo kwelizayo; kwaze kwakubi lokho abazikhethele kona, ukube nje bebazi.

وَلَوْ أَنَّهُمْ ءَامَنُواْ وَٱتَّقَوْاْ لَمَثُوبَةٌ مِّنْ عِندِ ٱللَّهِ خَيْرٌ ۖ لَّوْ كَانُواْ يَعْلَمُونَ ﴿١٠٣﴾

103. Ukube nje babekholwa bathobela u-Allah, bebezothola umvuzo omuhle ku-Allah; ukube nje bebazi.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَقُولُواْ رَٰعِنَا وَقُولُواْ ٱنظُرْنَا وَٱسْمَعُواْ ۗ وَلِلْكَـٰفِرِينَ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١٠٤﴾

104. Nina enikholwayo, ningathi [kuSithunywa] *"Ra-ina"*[1] [sinake] kepha anibothi: 'sibheke' bese niyalalela; futhi abangakholwa bayothola isijeziso esibuhlungu.

مَّا يَوَدُّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ مِنْ أَهْلِ ٱلْكِتَـٰبِ وَلَا ٱلْمُشْرِكِينَ أَن يُنَزَّلَ عَلَيْكُم مِّنْ خَيْرٍ مِّن رَّبِّكُمْ ۚ وَٱللَّهُ يَخْتَصُّ بِرَحْمَتِهِۦ مَن يَشَآءُ ۚ وَٱللَّهُ ذُو ٱلْفَضْلِ ٱلْعَظِيمِ ﴿١٠٥﴾

105. Abangakholwa kulabo beMibhalo[2] nalabo ababhangqayo abanifiseli ukuba nibe nokuhle okuvela eNkosini yenu; u-Allah upha umusa waKhe lowo amthandayo, futhi u-Allah unezibusiso eziyinala.

*مَا نَنسَخْ مِنْ ءَايَةٍ أَوْ نُنسِهَا نَأْتِ بِخَيْرٍ مِّنْهَآ أَوْ مِثْلِهَآ ۗ أَلَمْ تَعْلَمْ أَنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٠٦﴾

106. Noma imuphi umbiko esiwuchithayo noma esiwusulayo, siletha omunye ongcono[3] noma ofana nawo[4]; awazi yini ukuthi u-Allah ulawula izinto zonke.

---

1 (2:104) Leligama *ngesiHeberu* lithi alifane negama lenhlamba. amaJuda *eMadina* ayethi uma ekhuluma neSithunywa alisebenzise behlose ukumeyisa nokumthuka. Ngakhoke u-Allah ubanqabele abakholwayo ukuba balisebenzise leligama ukuze bangafani nabenzi bokubi.

2 (2:105) Leli igama kuqondiswe ngalo kumaJuda azibiza ngabalandeli baka *Musa* (uMose) nama *Nasara* azibiza ngabalandeli baka *Isa* (uJesu). Imibhalo okukhulunywa ngayo la, yimibhalo ye *Tora* ne *Injili* ezambulelwa ku*Musa* no *Isa* ngokulandelana. Yilamaqembu amabili i*Kurani* ebhekisa kubona ngokuthi abeMibhalo.

3 (2:106) Njengokuzila ukudla izinsukwana onyakeni ngenyanga ka*Muharamu* (inyanga yokuqala onyakeni we-Islam), u Allah wakusula waletha umthetho wokuba ukuzila kube ngenyanga *yeRamadani* enemivuzo engcono kunokuzila izinsukwana.

4 (2:106) Njengalapho u-Allah eyalele ama*Musilimu* ukuba abhekise ibombo ngasemzini wase *Makha* lapho bethandaza emva kokuba phambilini babeyalelwe ukuba babheke ngasemzini wase*Makadisi* (eJerusalema); imivuzo iyefana.

أَلَمْ تَعْلَمْ أَنَّ ٱللَّهَ لَهُۥ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ وَمَا لَكُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ مِن وَلِيٍّ وَلَا نَصِيرٍ ﴿١٠٧﴾

107. Ingabe ubungazi yini ukuthi umbuso wamazulu nomhlaba ungoka Allah; futhi akekho ongumnakekeli nomsizi wenu ngaphandle kuka-Allah.

أَمْ تُرِيدُونَ أَن تَسْـَٔلُوا۟ رَسُولَكُمْ كَمَا سُئِلَ مُوسَىٰ مِن قَبْلُ ۗ وَمَن يَتَبَدَّلِ ٱلْكُفْرَ بِٱلْإِيمَٰنِ فَقَدْ ضَلَّ سَوَآءَ ٱلسَّبِيلِ ﴿١٠٨﴾

108. Kumbe nifuna ukuhlohla iSithunywa senu imibuzo njengalokhu u*Musa* ahlohlwa imibuzo phambilini na; futhi lowo oncamela ukungakholwa kunokukholwa impela udukelwe indlela eqondile.

وَدَّ كَثِيرٌ مِّنْ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ لَوْ يَرُدُّونَكُم مِّنۢ بَعْدِ إِيمَٰنِكُمْ كُفَّارًا حَسَدًا مِّنْ عِندِ أَنفُسِهِم مِّنۢ بَعْدِ مَا تَبَيَّنَ لَهُمُ ٱلْحَقُّ ۖ فَٱعْفُوا۟ وَٱصْفَحُوا۟ حَتَّىٰ يَأْتِىَ ٱللَّهُ بِأَمْرِهِۦٓ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٠٩﴾

109. Baningi kwabe Mibhalo abafisa ukuba banganibuyisela ekubeni ngabangakholwa emuva kokuba senikholwa, ngenxa nje yomona abanawo emuva kokuba selibacacele iqiniso; nokho, xolelani nindlulise kuze kube u-Allah uletha umyalelo waKhe; impela u-Allah akehlulwa yilutho.

وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتُوا۟ ٱلزَّكَوٰةَ ۚ وَمَا تُقَدِّمُوا۟ لِأَنفُسِكُم مِّنْ خَيْرٍ تَجِدُوهُ عِندَ ٱللَّهِ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿١١٠﴾

110. Futhi yenzani *iSwala* ngokufanele nikhiphe *neZakati*; futhi konke okuhle enikwenzayo niyokufica kukhona ku-Allah; impela u-Allah ukubona konke enikwenzayo.

وَقَالُوا۟ لَن يَدْخُلَ ٱلْجَنَّةَ إِلَّا مَن كَانَ هُودًا أَوْ نَصَٰرَىٰ ۗ تِلْكَ أَمَانِيُّهُمْ ۗ قُلْ هَاتُوا۟ بُرْهَٰنَكُمْ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿١١١﴾

111. Futhi [abeMibhalo] bathi: "Akekho oyongena*eJana* ngaphandle kwalabo abangaMajuda noma ama*Nasara*" – lokho izifiso zabo nje; yithi [Sithunywa]: "Lethani ubufakazi benu uma ngempela niqinisile!"

بَلَىٰ مَنْ أَسْلَمَ وَجْهَهُۥ لِلَّهِ وَهُوَ مُحْسِنٌ فَلَهُۥٓ أَجْرُهُۥ عِندَ رَبِّهِۦ وَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿١١٢﴾

112. Nebala, lowo ozinikela ngokuphelele ku-Allah aphinde enze okulungileyo, uyothola umvuzo wakhe eNkosini yakhe; futhi abayikwesaba noma bakhathazeke[1].

وَقَالَتِ ٱلْيَهُودُ لَيْسَتِ ٱلنَّصَٰرَىٰ عَلَىٰ شَىْءٍ وَقَالَتِ ٱلنَّصَٰرَىٰ لَيْسَتِ ٱلْيَهُودُ عَلَىٰ شَىْءٍ وَهُمْ يَتْلُونَ ٱلْكِتَٰبَ ۗ كَذَٰلِكَ قَالَ ٱلَّذِينَ لَا يَعْلَمُونَ مِثْلَ قَوْلِهِمْ ۚ فَٱللَّهُ يَحْكُمُ بَيْنَهُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ فِيمَا كَانُوا۟ فِيهِ يَخْتَلِفُونَ ﴿١١٣﴾

113. Futhi amaJuda athi: "*amaNasara* adukile", kanjalo *namaNasara* athi: "amaJuda adukile" – kephabonke bafunda iMibhalo; basho kanjalo nalabo abangenalwazi besho ncamashi okufana nabakushoyo; u-Allah uyokwahlulela phakathi kwabo ngoSuku lokwahlulela ngalokho abaphikisana ngakho.

وَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّن مَّنَعَ مَسَٰجِدَ ٱللَّهِ أَن يُذْكَرَ فِيهَا ٱسْمُهُۥ وَسَعَىٰ فِى خَرَابِهَا ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ مَا كَانَ لَهُمْ أَن يَدْخُلُوهَآ إِلَّا خَآئِفِينَ ۚ لَهُمْ فِى ٱلدُّنْيَا خِزْىٌ وَلَهُمْ فِى ٱلْءَاخِرَةِ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿١١٤﴾

114. Ingabe ukhona yini ophambuke ukwendlula lowo ovimbela ukuba ema*Masijidi*ka-Allah kubizwe kuwo iGama laKhe, aphinde azikhandle ekuwacekeleni phansi; labo bangena kuwo benovalo; bazohlazeka lapha emhlabeni, futhi nakwelizayo bazothola isijeziso esinzima.

وَلِلَّهِ ٱلْمَشْرِقُ وَٱلْمَغْرِبُ ۚ فَأَيْنَمَا تُوَلُّوا۟ فَثَمَّ وَجْهُ ٱللَّهِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ وَٰسِعٌ عَلِيمٌ ﴿١١٥﴾

115. Futhi ingeka-Allah impumalanga nentshonalanga, ngakhoke noma yikuphi lapho nibheka khona, uBuso buka-Allah bukhona; impela u-Allah ungoBanzi Owaziyo.

1 (2:112) Lapho beshiya lomhlaba abayikusaba ukufa futhi abayikuba lusizi ngabakushiye emhlabeni.

وَقَالُواْ ٱتَّخَذَ ٱللَّهُ وَلَدٗاۗ سُبۡحَٰنَهُۥۖ بَل لَّهُۥ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۖ كُلّٞ لَّهُۥ قَٰنِتُونَ ١١٦

116. Futhi bathi: " u-Allah unendodana"; ungcwele Yena; empeleni konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe[1], konke kuthobela Yena.

بَدِيعُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۖ وَإِذَا قَضَىٰٓ أَمۡرٗا فَإِنَّمَا يَقُولُ لَهُۥ كُن فَيَكُونُ ١١٧

117. UnguMsunguli[2] wamazulu nomhlaba; uma esenqume ukwenza into, umane athi kuyo: "yenzeka", bese yenzeka.

وَقَالَ ٱلَّذِينَ لَا يَعۡلَمُونَ لَوۡلَا يُكَلِّمُنَا ٱللَّهُ أَوۡ تَأۡتِينَآ ءَايَةٞۗ كَذَٰلِكَ قَالَ ٱلَّذِينَ مِن قَبۡلِهِم مِّثۡلَ قَوۡلِهِمۡۘ تَشَٰبَهَتۡ قُلُوبُهُمۡۗ قَدۡ بَيَّنَّا ٱلۡأٓيَٰتِ لِقَوۡمٖ يُوقِنُونَ ١١٨

118. Futhi labo abangazi bathi: "Kungani u-Allah engakhulumi nathi mathupha noma kufike kithi isibonakaliso na"; basho kanjalo nalabo ababandulelayo okufana ncamashi nabakushoyo, izinhliziyo zabo ziyefana; nebala sibacacisele imibiko abantu abanesiqiniseko.

إِنَّآ أَرۡسَلۡنَٰكَ بِٱلۡحَقِّ بَشِيرٗا وَنَذِيرٗاۖ وَلَا تُسۡـَٔلُ عَنۡ أَصۡحَٰبِ ٱلۡجَحِيمِ ١١٩

119. Impela sikuthumele wena [Sithunywa] neqiniso ukuze ube umethuli wezindaba ezinhle nomexwayisi; futhi awusoze wabuzwa ngalabo abayongena emlilweni.

---

1 (2:116) Konke okukhona emhlabeni nasezulwini konke kuyindalo ka-Allah, ngakhoke akadingi ukuba nangane noma umfazi. Futhi indalo yaKhe angeke yafaniswa naYe.

2 (2:117) Ukusungula: ukudala into ebikade ingekho noma engathathelwanga kokukhona. Lokhu kufakazela ukuthi u-Allah wadala indalo yaKhe ngaphandle kokuyithathela kokunye, ngisho nomuntu imbala. Ngakhoke akumangazi uma u-Allah edala umuntu ngaphandle kwabazali bobabili noma oyedwa. Empeleni kukhombisa amandla nobukhulu baKhe.

وَلَن تَرۡضَىٰ عَنكَ ٱلۡيَهُودُ وَلَا ٱلنَّصَٰرَىٰ حَتَّىٰ تَتَّبِعَ مِلَّتَهُمۡۗ قُلۡ إِنَّ هُدَى ٱللَّهِ هُوَ ٱلۡهُدَىٰۗ وَلَئِنِ ٱتَّبَعۡتَ أَهۡوَآءَهُم بَعۡدَ ٱلَّذِي جَآءَكَ مِنَ ٱلۡعِلۡمِ مَا لَكَ مِنَ ٱللَّهِ مِن وَلِيّٖ وَلَا نَصِيرٍ ﴿١٢٠﴾

120. Futhi amaJuda nama*Nasara* abasoze bathokoza ngawe kuze kube ulandela inkolo yabo; yithi: "indlela ka-Allah iyona ndlela eqondile"; uma nje uke walandela izinkanuko zabo emuva kolwazi osunalo, akekho oyokuhlenga ku-Allah noma akusize.

ٱلَّذِينَ ءَاتَيۡنَٰهُمُ ٱلۡكِتَٰبَ يَتۡلُونَهُۥ حَقَّ تِلَاوَتِهِۦٓ أُوْلَٰٓئِكَ يُؤۡمِنُونَ بِهِۦۗ وَمَن يَكۡفُرۡ بِهِۦ فَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡخَٰسِرُونَ ﴿١٢١﴾

121. Labo esabanika iNcwadi bayifunda ngendlela efanele, labo bangabakholelwa kuyo; kepha labo abangakholelwa kuyo, labo bangabalahlekelwe.

يَٰبَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ ٱذۡكُرُواْ نِعۡمَتِيَ ٱلَّتِيٓ أَنۡعَمۡتُ عَلَيۡكُمۡ وَأَنِّي فَضَّلۡتُكُمۡ عَلَى ٱلۡعَٰلَمِينَ ﴿١٢٢﴾

122. Sizwe sakwa *Isirayeli*, khumbulani izibusiso zaMi lezi enganibusisa ngazo nokuthi nganiqoka endalweni yonke.

وَٱتَّقُواْ يَوۡمٗا لَّا تَجۡزِي نَفۡسٌ عَن نَّفۡسٖ شَيۡـٔٗا وَلَا يُقۡبَلُ مِنۡهَا عَدۡلٞ وَلَا تَنفَعُهَا شَفَٰعَةٞ وَلَا هُمۡ يُنصَرُونَ ﴿١٢٣﴾

123. Futhi sabani uSuku lapho umuntu engeke asize omunye ngalutho futhi kungekho nhlawulo eyokwamukelwa kuye noma ukushweleza okuyoba usizo; futhi akekho oyobasiza.

۞وَإِذِ ٱبۡتَلَىٰٓ إِبۡرَٰهِـۧمَ رَبُّهُۥ بِكَلِمَٰتٖ فَأَتَمَّهُنَّۖ قَالَ إِنِّي جَاعِلُكَ لِلنَّاسِ إِمَامٗاۖ قَالَ وَمِن ذُرِّيَّتِيۖ قَالَ لَا يَنَالُ عَهۡدِي ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٢٤﴾

124. Futhi khumbula mhla u-*Ibhirahimu* evivinywa iNkosi yakhe ngemiyalelo ethile, wayifeza; yathi: "ngizokwenza umholi weSintu", wathi: "nakuzalo lwami"; yathi: "Isithembiso saMi asibandakanyi abaphambukayo".

وَإِذْ جَعَلْنَا ٱلْبَيْتَ مَثَابَةً لِّلنَّاسِ وَأَمْنًا وَٱتَّخِذُوا۟ مِن مَّقَامِ إِبْرَٰهِـۧمَ مُصَلًّى ۖ وَعَهِدْنَآ إِلَىٰٓ إِبْرَٰهِـۧمَ وَإِسْمَٰعِيلَ أَن طَهِّرَا بَيْتِىَ لِلطَّآئِفِينَ وَٱلْعَٰكِفِينَ وَٱلرُّكَّعِ ٱلسُّجُودِ ﴿١٢٥﴾

125. Futhi senza Indlu [i*Kabha*] yaba yisizinda[1] sesintu, nendawo ephephile; ngakhoke khulekani endaweni ka-*Ibhirahimu*. Futhi sayalela u-*Ibhirahimu* no-*Isima'ili* [sathi]: "Hlanzani Indlu yaMi, niyihlanzele labo abazungezayo, nabazinzile kanye nalabo abakhothamayo abawa ngobuso".

وَإِذْ قَالَ إِبْرَٰهِـۧمُ رَبِّ ٱجْعَلْ هَٰذَا بَلَدًا ءَامِنًا وَٱرْزُقْ أَهْلَهُۥ مِنَ ٱلثَّمَرَٰتِ مَنْ ءَامَنَ مِنْهُم بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ ۖ قَالَ وَمَن كَفَرَ فَأُمَتِّعُهُۥ قَلِيلًا ثُمَّ أَضْطَرُّهُۥٓ إِلَىٰ عَذَابِ ٱلنَّارِ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿١٢٦﴾

126. Futhi khumbula mhla u-*Ibhirahimu* ethi: "Nkosi yami, yenza lendawo kube umuzi ophephile futhi wondle abazohlala kuwo ngezivuno (izilimo nezithelo) ezahlukene, labo kubo abakholelwa ku-Allah nasoSukwini lokuGcina"; wathi: "Nongakholwa, ngizomjabulisa nje kancane, bese ngimtshinga esijezisweni somlilo; okuyisiphetho esibi.

وَإِذْ يَرْفَعُ إِبْرَٰهِـۧمُ ٱلْقَوَاعِدَ مِنَ ٱلْبَيْتِ وَإِسْمَٰعِيلُ رَبَّنَا تَقَبَّلْ مِنَّآ ۖ إِنَّكَ أَنتَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿١٢٧﴾

127. Khumbula futhi mhla u-*Ibhirahimu* ephakamisa izinsika zeNdlu [*iKabha*] beno-*Isima'ili* [bathi]: "Nkosi yethu yamukela kithi, impela Wena Ungozwayo Owaziyo."

رَبَّنَا وَٱجْعَلْنَا مُسْلِمَيْنِ لَكَ وَمِن ذُرِّيَّتِنَآ أُمَّةً مُّسْلِمَةً لَّكَ وَأَرِنَا مَنَاسِكَنَا وَتُبْ عَلَيْنَآ ۖ إِنَّكَ أَنتَ ٱلتَّوَّابُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٢٨﴾

128. "Nkosi yethu senze sibengama *Musilimu* azinikela kuWe, kanjalo nakuzalo lwethu lwenze lube isizwe esingama *Musilimu* esizinikela

1 (2:125) Indawo evakashelwa ngabantu ngokuphindelela.

kuWe; futhi sikhombise izinkambiso zethu [*zeHaji*] uphinde usithethelele; impela Wena unguMthetheleli Onesihawu.

رَبَّنَا وَٱبۡعَثۡ فِيهِمۡ رَسُولٗا مِّنۡهُمۡ يَتۡلُواْ عَلَيۡهِمۡ ءَايَٰتِكَ وَيُعَلِّمُهُمُ ٱلۡكِتَٰبَ وَٱلۡحِكۡمَةَ وَيُزَكِّيهِمۡۚ إِنَّكَ أَنتَ ٱلۡعَزِيزُ ٱلۡحَكِيمُ ١٢٩

129. "Nkosi yethu thumela kubo iSithunywa[1] esidabuka kubo esizobalandisa ngemibiko yaKho nesizobafundisa iNcwadi neNkambiso futhi sibahlambulule; impela Wena unguSomandla Okhaliphile.

وَمَن يَرۡغَبُ عَن مِّلَّةِ إِبۡرَٰهِـۧمَ إِلَّا مَن سَفِهَ نَفۡسَهُۥۚ وَلَقَدِ ٱصۡطَفَيۡنَٰهُ فِي ٱلدُّنۡيَاۖ وَإِنَّهُۥ فِي ٱلۡأٓخِرَةِ لَمِنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ١٣٠

130. Ngubani nje ongadikila inkolo ka-*Ibhirahimu*[2] ngaphandle kwalowo ozihlambalazayo; impela samqoka emhlabeni, futhi ungomunye wabaqotho nakwelizayo.

إِذۡ قَالَ لَهُۥ رَبُّهُۥٓ أَسۡلِمۡۖ قَالَ أَسۡلَمۡتُ لِرَبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ١٣١

131. Kwathi mhla iNkosi yakhe yithi kuye: "zinikele"; wathi: "Ngiyazinikela eNkosini yendalo yonke".

وَوَصَّىٰ بِهَآ إِبۡرَٰهِـۧمُ بَنِيهِ وَيَعۡقُوبُ يَٰبَنِيَّ إِنَّ ٱللَّهَ ٱصۡطَفَىٰ لَكُمُ ٱلدِّينَ فَلَا تَمُوتُنَّ إِلَّا وَأَنتُم مُّسۡلِمُونَ ١٣٢

132. U-*Ibhirahimu* wabe eseluleka izinganezakhe ngakho [ukuzinikela ku-Allah], kanjalo no *Yakubu* [wathi]: "Bantwana bami, impela u-Allah unikhethele inkolo, ngakho-ke ningalinge nife ningewona ama*Musilimu*".

1 (2:129) U Allah wawuphendula lomkhuleko ngokuthumela iSithunywa sakhe *uMuhamadi* ﷺ oyisizukulwane sika-*Ibhirahimu*. Akamthumelanga nje kuphela esizweni *saseMakha*, kepha ezizweni zomhlaba jikelele.

2 (2:130) Phela inkolo ka-*Ibhirahimu* ukukholelwa kuBunye buka-Allah nokuzinikela ngokuphephelele entandweni yaKhe. Bheka S3:67.

133. Kumbe nanikhona mhla ukufa kufika ku*Yakubu*, lapho ethi kubantwana bakhe: "Niyokhonza bani mhla ngingasekho na?, bathi: "Siyokhonza obekhonzwa nguwe kanye nokhokho bakho *o-Ibhirahimu* no-*Isimai'ili* no-*Isihaki*; okhonzwa eyedwa vo, futhi thina singama*Musilimu* azinikele kuYe".

أَمْ كُنتُمْ شُهَدَآءَ إِذْ حَضَرَ يَعْقُوبَ ٱلْمَوْتُ إِذْ قَالَ لِبَنِيهِ مَا تَعْبُدُونَ مِنۢ بَعْدِى ۖ قَالُوا۟ نَعْبُدُ إِلَٰهَكَ وَإِلَٰهَ ءَابَآئِكَ إِبْرَٰهِـۧمَ وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِسْحَٰقَ إِلَٰهًا وَٰحِدًا وَنَحْنُ لَهُۥ مُسْلِمُونَ ﴿١٣٣﴾

134. Lezo izizwe esezandlula, ziyothola umvuzo wemisebenzi yazo kanjalo nani niyothola umvuzo wemisebenzi yenu futhi anisoze nabuzwa ngalokho ababekwenza.

تِلْكَ أُمَّةٌ قَدْ خَلَتْ ۖ لَهَا مَا كَسَبَتْ وَلَكُم مَّا كَسَبْتُمْ ۖ وَلَا تُسْـَٔلُونَ عَمَّا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٣٤﴾

135. Futhi bathi: "Yibani *amaJuda* noma *amaNasara* ukuze nibe sendleleni eqondile"; yithi [Sithunywa]: "Empeleni [silandela] inkolo ka-*Ibhirahimu* owayengazibandakanyi nezinkolo ezibhedayo, futhi engeyena obabhangqayo".

وَقَالُوا۟ كُونُوا۟ هُودًا أَوْ نَصَٰرَىٰ تَهْتَدُوا۟ ۗ قُلْ بَلْ مِلَّةَ إِبْرَٰهِـۧمَ حَنِيفًا ۖ وَمَا كَانَ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿١٣٥﴾

136. Anibothi: "Thina sikholelwa ku-Allah nakulokho okwembulelwe kithi nokwembulelwa ku-*Ibhirahimu* no-*Isima'ili* no-*Isihaki* no*Yakubu* nezizukulwane kanye nakulokho okwembulelwa ku*Musa* no-*Isa* kanye nakulokho okwanikwa ezinye iZithunywa kuvela eNkosini yazo; asicwasi muntu kuzo; futhi thina singamaMusilimu azinikele kuYe".

قُولُوٓا۟ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ وَمَآ أُنزِلَ إِلَيْنَا وَمَآ أُنزِلَ إِلَىٰٓ إِبْرَٰهِـۧمَ وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَ وَٱلْأَسْبَاطِ وَمَآ أُوتِىَ مُوسَىٰ وَعِيسَىٰ وَمَآ أُوتِىَ ٱلنَّبِيُّونَ مِن رَّبِّهِمْ لَا نُفَرِّقُ بَيْنَ أَحَدٍ مِّنْهُمْ وَنَحْنُ لَهُۥ مُسْلِمُونَ ﴿١٣٦﴾

137. Uma bengakholelwa kulokho enikholelwa kukho, nakanjani bayoba sendleleni eqondile; kepha uma bekushaya indiva, impela bayoba sempambukweni; futhi u-Allah uzokuvikela kubo, phela YenaUngozwayo Owaziyo.

فَإِنْ ءَامَنُوا۟ بِمِثْلِ مَآ ءَامَنتُم بِهِۦ فَقَدِ ٱهْتَدَوا۟ ۖ وَّإِن تَوَلَّوْا۟ فَإِنَّمَا هُمْ فِى شِقَاقٍ ۖ فَسَيَكْفِيكَهُمُ ٱللَّهُ ۚ وَهُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿١٣٧﴾

138. Bambelelani enkolweni ka-Allah; futhi ngubani nje onenkolo engcono kuneka-Allah na; futhi thina sikhonza Yena.

صِبْغَةَ ٱللَّهِ ۖ وَمَنْ أَحْسَنُ مِنَ ٱللَّهِ صِبْغَةً ۖ وَنَحْنُ لَهُۥ عَٰبِدُونَ ﴿١٣٨﴾

139. Yithi [Sithunywa]: " Nilokhu niqophisana nathi mayelana no-Allah, kube kunguYe iNkosi yethu neNkosi yenu, futhi nathi sinemisebenzi yethu kanjalo nani ninemisebenzi yenu; futhi sithembekile kuYe".

قُلْ أَتُحَآجُّونَنَا فِى ٱللَّهِ وَهُوَ رَبُّنَا وَرَبُّكُمْ ۖ وَلَنَآ أَعْمَٰلُنَا وَلَكُمْ أَعْمَٰلُكُمْ ۖ وَنَحْنُ لَهُۥ مُخْلِصُونَ ﴿١٣٩﴾

140. Kumbe nithi u-*Ibhirahimu* no-*Isima'ili* no-*Isihaki* no-*Yakubu* nezizukulwane bebengamaJuda noma *amaNasara* na? yithi: "Ingabe yinina enaziyo kangcono noma ngu-Allah na?; futhi ingabe ubani ophambuke ukwedlula lowo ofihla ubufakazi anabo obuvela ku-Allah; futhi u-Allah akaphuthelwa yilokho enikwenzayo.

أَمْ تَقُولُونَ إِنَّ إِبْرَٰهِـۧمَ وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَ وَٱلْأَسْبَاطَ كَانُوا۟ هُودًا أَوْ نَصَٰرَىٰ ۗ قُلْ ءَأَنتُمْ أَعْلَمُ أَمِ ٱللَّهُ ۗ وَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّن كَتَمَ شَهَٰدَةً عِندَهُۥ مِنَ ٱللَّهِ ۗ وَمَا ٱللَّهُ بِغَٰفِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿١٤٠﴾

141. Lezo izizwe esezandlula, ziyothola umvuzo wemisebenzi yazo kanjalo nani niyothola umvuzo wemisebenzi yenu futhi anisoze nabuzwa ngalokho ababekwenza.

تِلْكَ أُمَّةٌ قَدْ خَلَتْ ۖ لَهَا مَا كَسَبَتْ وَلَكُم مَّا كَسَبْتُمْ ۖ وَلَا تُسْـَٔلُونَ عَمَّا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٤١﴾

142. Iziwula zabantu ziyothi: "Bagudluzwe yini kwibombo laboleli ababebheka kulo na?; yithi: "Impumalanga nentshonalanga ngeka Allah, uholela amthandayo endleleni eqondile."

سَيَقُولُ ٱلسُّفَهَآءُ مِنَ ٱلنَّاسِ مَا وَلَّىٰهُمْ عَن قِبْلَتِهِمُ ٱلَّتِى كَانُوا۟ عَلَيْهَا ۚ قُل لِّلَّهِ ٱلْمَشْرِقُ وَٱلْمَغْرِبُ ۚ يَهْدِى مَن يَشَآءُ إِلَىٰ صِرَٰطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿١٤٢﴾

143. Futhi ngokunjalo sanenza naba isizwe sekhethelo ukuze nifakaze ngesintu, futhi ukuze neSithunywa sifakaze ngani. Futhi saqoka le*Kibila* [ibombo] lena ebenibheka kuyo ukuze sazi kahle labo abalandela iSithunywa kulabo abaphambuka; nakuba bekunzima, kodwa bekungenjalo kulabo abaholwa ngu-Allah; futhi u-Allah akasoze ayishabalalisa imivuzo yokholo lwenu; impela u-Allah unoBubele neSihawu kubantu.

وَكَذَٰلِكَ جَعَلْنَٰكُمْ أُمَّةً وَسَطًا لِّتَكُونُوا۟ شُهَدَآءَ عَلَى ٱلنَّاسِ وَيَكُونَ ٱلرَّسُولُ عَلَيْكُمْ شَهِيدًا ۗ وَمَا جَعَلْنَا ٱلْقِبْلَةَ ٱلَّتِى كُنتَ عَلَيْهَآ إِلَّا لِنَعْلَمَ مَن يَتَّبِعُ ٱلرَّسُولَ مِمَّن يَنقَلِبُ عَلَىٰ عَقِبَيْهِ ۚ وَإِن كَانَتْ لَكَبِيرَةً إِلَّا عَلَى ٱلَّذِينَ هَدَى ٱللَّهُ ۗ وَمَا كَانَ ٱللَّهُ لِيُضِيعَ إِيمَٰنَكُمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ بِٱلنَّاسِ لَرَءُوفٌ رَّحِيمٌ ﴿١٤٣﴾

144. Impela sikuqaphele ukuqalaza kwakho ubuka phezulu; ngakho-ke nakanjani sizokubhekisa kuleyo*Kibila* ozoyithokozela; ngakho-ke bheka ngase*Masjidi Haramu*, noma ngabe nikuphi anibobheka ngakuyo; futhi nembala labo abanikwa iNcwadi bayazi ukuthi lokhu kuyiqiniso elivela eNkosini yabo; futhi u-Allah akaphuthelwa yilokho abakwenzayo.

قَدْ نَرَىٰ تَقَلُّبَ وَجْهِكَ فِى ٱلسَّمَآءِ ۖ فَلَنُوَلِّيَنَّكَ قِبْلَةً تَرْضَىٰهَا ۚ فَوَلِّ وَجْهَكَ شَطْرَ ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ ۚ وَحَيْثُ مَا كُنتُمْ فَوَلُّوا۟ وُجُوهَكُمْ شَطْرَهُۥ ۗ وَإِنَّ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ لَيَعْلَمُونَ أَنَّهُ ٱلْحَقُّ مِن رَّبِّهِمْ ۗ وَمَا ٱللَّهُ بِغَٰفِلٍ عَمَّا يَعْمَلُونَ ﴿١٤٤﴾

وَلَئِنْ أَتَيْتَ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ بِكُلِّ ءَايَةٍ مَّا تَبِعُوا۟ قِبْلَتَكَ ۚ وَمَآ أَنتَ بِتَابِعٍ قِبْلَتَهُمْ ۚ وَمَا بَعْضُهُم بِتَابِعٍ قِبْلَةَ بَعْضٍ ۚ وَلَئِنِ ٱتَّبَعْتَ أَهْوَآءَهُم مِّنۢ بَعْدِ مَا جَآءَكَ مِنَ ٱلْعِلْمِ ۙ إِنَّكَ إِذًا لَّمِنَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٤٥﴾

145. Futhi labo abanikwa iNcwadi uma ungabanika bonke ubufakazi abasoze bayilandela *iKibila* yakho, kanjalo nawe awusoze wayilandela *iKibila* yabo, kanti futhi abanye babo abasoze bayilandela *iKibila* yabanye; uma nje ukewalandela izinkanuko zabo emuva kolwazi osunalo, impela uyokuba ngophambukile.

ٱلَّذِينَ ءَاتَيْنَٰهُمُ ٱلْكِتَٰبَ يَعْرِفُونَهُۥ كَمَا يَعْرِفُونَ أَبْنَآءَهُمْ ۖ وَإِنَّ فَرِيقًا مِّنْهُمْ لَيَكْتُمُونَ ٱلْحَقَّ وَهُمْ يَعْلَمُونَ ﴿١٤٦﴾

146. Labo esabanika iNcwadi bamazi kahle [*uMuhamadi*] njengoba bazi izingane zabo, futhi impela kunabanye phakathi kwabo abafihla iqiniso ngamabomu[1].

ٱلْحَقُّ مِن رَّبِّكَ فَلَا تَكُونَنَّ مِنَ ٱلْمُمْتَرِينَ ﴿١٤٧﴾

147. Iqiniso livela eNkosini yakho, ngakho-ke ungabi ngongabazayo.

وَلِكُلٍّ وِجْهَةٌ هُوَ مُوَلِّيهَا ۖ فَٱسْتَبِقُوا۟ ٱلْخَيْرَٰتِ ۚ أَيْنَ مَا تَكُونُوا۟ يَأْتِ بِكُمُ ٱللَّهُ جَمِيعًا ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٤٨﴾

148. Yilowo nalowo unalapho ebheka ngakhona; ngakho-ke ncintisanani ekwenzeni okuhle; noma ngabe nikuphi u-Allah uyonibuthanisa nonke; impela u-Allah ulawula izinto zonke.

وَمِنْ حَيْثُ خَرَجْتَ فَوَلِّ وَجْهَكَ شَطْرَ ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ ۖ وَإِنَّهُۥ لَلْحَقُّ مِن رَّبِّكَ ۗ وَمَا ٱللَّهُ بِغَٰفِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿١٤٩﴾

149. Noma ikuphi lapho oyakhona, bheka ngase*Masjidi Haramu*; futhi impela kuyiqiniso elivela eNkosini yakho; futhi u-Allah akaphuthelwa yilokho enikwenzayo.

1 (2:146) Isimo seSithunywa *uMuhamadi* ﷺ nezimpawu zakhe, zazilotshiwe kwi*Tora ne-Injili*.

وَمِنْ حَيْثُ خَرَجْتَ فَوَلِّ وَجْهَكَ شَطْرَ
ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ ۖ وَحَيْثُ مَا كُنتُمْ فَوَلُّوا۟
وُجُوهَكُمْ شَطْرَهُۥ لِئَلَّا يَكُونَ لِلنَّاسِ
عَلَيْكُمْ حُجَّةٌ إِلَّا ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ مِنْهُمْ
فَلَا تَخْشَوْهُمْ وَٱخْشَوْنِى وَلِأُتِمَّ نِعْمَتِى
عَلَيْكُمْ وَلَعَلَّكُمْ تَهْتَدُونَ ﴿١٥٠﴾

150. Futhi noma ikuphi lapho oyakhona, bheka ngase*Masijidi Haramu*; kanjalo noma nikuphi bhekani ngakhona; ukuze phela abantu banganisoli, ngaphandle nje kwalabo abaphambukile kubo; ngakho-ke ningabesabi kepha nesabe Mina; ukuze ngizophelelisa isibusiso saMi kini hleze nani nibe sendleleni eqondile.

كَمَآ أَرْسَلْنَا فِيكُمْ رَسُولًا مِّنكُمْ يَتْلُوا۟
عَلَيْكُمْ ءَايَٰتِنَا وَيُزَكِّيكُمْ وَيُعَلِّمُكُمُ
ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْحِكْمَةَ وَيُعَلِّمُكُم مَّا لَمْ
تَكُونُوا۟ تَعْلَمُونَ ﴿١٥١﴾

151. Njengoba sathumela iSithunywa [*uMuhamadi*] esidabuka kini sinifundela imibiko yeThu, nesinihlambululayo nesinifundisa iNcwadi nezinkambiso siphinde sinifundise lokho ebeningakwazi.

فَٱذْكُرُونِىٓ أَذْكُرْكُمْ وَٱشْكُرُوا۟ لِى وَلَا
تَكْفُرُونِ ﴿١٥٢﴾

152. Ngakho-ke ngikhumbuleni[1], naMi ngizonikhumbula futhi ningibonge ningabi nokungangibongi.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱسْتَعِينُوا۟ بِٱلصَّبْرِ
وَٱلصَّلَوٰةِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ مَعَ ٱلصَّٰبِرِينَ ﴿١٥٣﴾

153. Nina enikholwayo, celani usizo ngokubekezela[2] *nangeSwala*; impela u-Allah unalabo ababekezelayo.

1 (2:152) Ukhumbula u Allah ku *Isilamu*: (i) ukumdumisa ngomlomo ngalokho okumfanele, ngokwemfundiso yeSithunywa saKhe; (ii) ukuthobela nokuqhakambisa intando yaKhe nokungcina imiyalelo nezeluleko zaKhe lapha emhlabeni; (iii) ukuhlala unonembeza owazisa ubukhulu baKhe namandla aKhe nanokuthi akukho okufihlakele ngaphambi kwaKhe.

2 (2:153) Ukubekezela ku Islamu, igama elibanzi elengamele izincazelo ezijulile ezifaka: (i) ukungaxhamazeli nokungatatazeli nokungajahi imiphumela, 68:48; (ii) ukungathatheki noma ukuhluthukelwa, 30:60; (iii) ukubambelela eqinisweni kumnyama kubomvu, 3:186 ne 31:17; (iv) ukuqinisela nokuphikelela ngaphansi kwezimo ezinzima, 52:48.

154. Futhi ningathi bafile labo ababulawe endleleni ka-Allah; empeleni bayaphila, kepha nina anazi.

وَلَا تَقُولُوا۟ لِمَن يُقْتَلُ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ أَمْوَٰتٌۢ ۚ بَلْ أَحْيَآءٌ وَلَٰكِن لَّا تَشْعُرُونَ ﴿١٥٤﴾

155. Futhi sizonivivinya kancane njengokwesaba, nangendlala, nokuncishelwa yingcebo nabantu nesivuno (izilimo nezithelo); futhi halalisela labo ababekezelayo.

وَلَنَبْلُوَنَّكُم بِشَىْءٍ مِّنَ ٱلْخَوْفِ وَٱلْجُوعِ وَنَقْصٍ مِّنَ ٱلْأَمْوَٰلِ وَٱلْأَنفُسِ وَٱلثَّمَرَٰتِ ۗ وَبَشِّرِ ٱلصَّٰبِرِينَ ﴿١٥٥﴾

156. Labo okuthi uma behlelwe umshophi bathi: "Impela singabaka Allah futhi siyobuyela kuYe".

ٱلَّذِينَ إِذَآ أَصَٰبَتْهُم مُّصِيبَةٌ قَالُوٓا۟ إِنَّا لِلَّهِ وَإِنَّآ إِلَيْهِ رَٰجِعُونَ ﴿١٥٦﴾

157. Labo bayonganyelwa izilokotho nomusa ovela eNkosini yabo, futhi basendleleni eqondile.

أُو۟لَٰٓئِكَ عَلَيْهِمْ صَلَوَٰتٌ مِّن رَّبِّهِمْ وَرَحْمَةٌ ۖ وَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُهْتَدُونَ ﴿١٥٧﴾

158. Impela *iSwafa* ne*Mariwa* zingezinye zezimpawu zika-Allah; ngakho-ke lowo owenza *iHaji* eNdlini (*iKabha*) noma i-*Umra* akanacala lapho ezungeza phakathi kwazo; futhi lowo owenza okuhle ngokwakhe, impela u-Allah Ungobongayo Owaziyo.

۞ إِنَّ ٱلصَّفَا وَٱلْمَرْوَةَ مِن شَعَآئِرِ ٱللَّهِ ۖ فَمَنْ حَجَّ ٱلْبَيْتَ أَوِ ٱعْتَمَرَ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْهِ أَن يَطَّوَّفَ بِهِمَا ۚ وَمَن تَطَوَّعَ خَيْرًا فَإِنَّ ٱللَّهَ شَاكِرٌ عَلِيمٌ ﴿١٥٨﴾

159. Impela labo abagodla ubufakazi esibembulele kanye nomhlahlandlela, emuva kokuba sesikucacisele abantu eNcwadini; labo u-Allah uyobaqalekisa kanjalo nalabo abaqalekisayo bayobaqalekisa.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَكْتُمُونَ مَآ أَنزَلْنَا مِنَ ٱلْبَيِّنَٰتِ وَٱلْهُدَىٰ مِنۢ بَعْدِ مَا بَيَّنَّٰهُ لِلنَّاسِ فِى ٱلْكِتَٰبِ ۙ أُو۟لَٰٓئِكَ يَلْعَنُهُمُ ٱللَّهُ وَيَلْعَنُهُمُ ٱللَّٰعِنُونَ ﴿١٥٩﴾

160. Ngaphandle kwalabo abazisolayo futhi balungise futhi bacacise; yibo-ke labo engiyobathethelela, futhi nginguMthetheleli Onesihawu.

إِلَّا ٱلَّذِينَ تَابُواْ وَأَصْلَحُواْ وَبَيَّنُواْ فَأُوْلَٰٓئِكَ أَتُوبُ عَلَيْهِمْ وَأَنَا ٱلتَّوَّابُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٦٠﴾

161. Impela labo abangakholwa baze bafe bengakholwa; labo bayothola isiqalekiso sika-Allah nesezingelosi nesabantu bonkana.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَمَاتُواْ وَهُمْ كُفَّارٌ أُوْلَٰٓئِكَ عَلَيْهِمْ لَعْنَةُ ٱللَّهِ وَٱلْمَلَٰٓئِكَةِ وَٱلنَّاسِ أَجْمَعِينَ ﴿١٦١﴾

162. Bayobhadla kuso unaphakade, futhi angeke baxegiselwe isijeziso noma banikezwe elinye ithuba.

خَٰلِدِينَ فِيهَا لَا يُخَفَّفُ عَنْهُمُ ٱلْعَذَابُ وَلَا هُمْ يُنظَرُونَ ﴿١٦٢﴾

163. Futhi iNkosi okumele niyikhonze iyodwa vo; akukho okunye okumele kukhonzwe ngaphandle kwaYo, Enomusa Enesihawu.

وَإِلَٰهُكُمْ إِلَٰهٌ وَٰحِدٌ ۖ لَّآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ٱلرَّحْمَٰنُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٦٣﴾

164. Impela ekudalweni kwamazulu nomhlaba nasekuguqukeni kobusuku nemini nakumkhumbi ontanta olwandle uthwele lokho okuwusizo kubantu, kanye nasemanzini u-Allah awehlisa emafini avuselele ngawo umhlaba obusufile, futhi wasabalalisa kuwo zonke izinhlobo zezilwane, nasekuvunguzeni kwemimoya nakwifu elilenga phakathi komkhathi nomhlaba; kunobufakazi kulabo bantu abaqondayo.

إِنَّ فِى خَلْقِ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَٱخْتِلَٰفِ ٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ وَٱلْفُلْكِ ٱلَّتِى تَجْرِى فِى ٱلْبَحْرِ بِمَا يَنفَعُ ٱلنَّاسَ وَمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مِن مَّآءٍ فَأَحْيَا بِهِ ٱلْأَرْضَ بَعْدَ مَوْتِهَا وَبَثَّ فِيهَا مِن كُلِّ دَآبَّةٍ وَتَصْرِيفِ ٱلرِّيَٰحِ وَٱلسَّحَابِ ٱلْمُسَخَّرِ بَيْنَ ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يَعْقِلُونَ ﴿١٦٤﴾

165. Futhi kunabantu abaziqokele izikhonzwa esikhundleni sika-Allah, abazithanda ngothando olufanele u-Allah; kepha labo abakholwayo bona bathanda u-Allah kakhulu; ukube nje labo abaphambukile bebengabona mhla beyobona isijeziso nokuthi amandla onke angaka-Allah nanokuthi u-Allah ujezisana kanzima.

وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يَتَّخِذُ مِن دُونِ ٱللَّهِ أَندَادًا يُحِبُّونَهُمْ كَحُبِّ ٱللَّهِ ۖ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ أَشَدُّ حُبًّا لِّلَّهِ ۗ وَلَوْ يَرَى ٱلَّذِينَ ظَلَمُوٓا۟ إِذْ يَرَوْنَ ٱلْعَذَابَ أَنَّ ٱلْقُوَّةَ لِلَّهِ جَمِيعًا وَأَنَّ ٱللَّهَ شَدِيدُ ٱلْعَذَابِ ﴿١٦٥﴾

166. Mhla labo ababelandelwa bezihlubuka kulabo ababelandela lapho sebebona isijeziso, futhi kuyogqabuka igoda phakathi kwabo.

إِذْ تَبَرَّأَ ٱلَّذِينَ ٱتُّبِعُوا۟ مِنَ ٱلَّذِينَ ٱتَّبَعُوا۟ وَرَأَوُا۟ ٱلْعَذَابَ وَتَقَطَّعَتْ بِهِمُ ٱلْأَسْبَابُ ﴿١٦٦﴾

167. Futhi labo ababengabalandeli bayothi: "Uma nje singathola elinye ithuba lokubuyela emumva, sizobahlubuka njengoba nabo besihlubukile"; u-Allah uyakubakhombisa kanjalo imisebenzi yabo, badangale, futhi abasoze baphuma emlilweni.

وَقَالَ ٱلَّذِينَ ٱتَّبَعُوا۟ لَوْ أَنَّ لَنَا كَرَّةً فَنَتَبَرَّأَ مِنْهُمْ كَمَا تَبَرَّءُوا۟ مِنَّا ۗ كَذَٰلِكَ يُرِيهِمُ ٱللَّهُ أَعْمَٰلَهُمْ حَسَرَٰتٍ عَلَيْهِمْ ۖ وَمَا هُم بِخَٰرِجِينَ مِنَ ٱلنَّارِ ﴿١٦٧﴾

168. Sintu, dlanini kulokho okusemhlabeni okuvunyelwe nokuhlanzekile futhi ningalandeli ezinyathelweni zika*Shayitani*, impela uyisitha senu esiqavile.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ كُلُوا۟ مِمَّا فِى ٱلْأَرْضِ حَلَٰلًا طَيِّبًا وَلَا تَتَّبِعُوا۟ خُطُوَٰتِ ٱلشَّيْطَٰنِ ۚ إِنَّهُۥ لَكُمْ عَدُوٌّ مُّبِينٌ ﴿١٦٨﴾

169. Kuphela nje uniyalela ngokubi nokuyichilo nokuthi nikhulume izinto eningazazi ngo-Allah.

إِنَّمَا يَأْمُرُكُم بِٱلسُّوٓءِ وَٱلْفَحْشَآءِ وَأَن تَقُولُوا۟ عَلَى ٱللَّهِ مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿١٦٩﴾

وَإِذَا قِيلَ لَهُمُ ٱتَّبِعُواْ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ قَالُواْ بَلۡ نَتَّبِعُ مَآ أَلۡفَيۡنَا عَلَيۡهِ ءَابَآءَنَآۚ أَوَلَوۡ كَانَ ءَابَآؤُهُمۡ لَا يَعۡقِلُونَ شَيۡـٔٗا وَلَا يَهۡتَدُونَ ١٧٠

170. Futhi uma betshelwa ukuthi: "Landelani lokho okwembulelwe ngu-Allah!"; bathi: "Empeleni, silandela lokhu esathola okhokho bethu bekwenza" – nakuba okhokho babo babengaqondi lutho futhi bengekho endleni eqondile.

وَمَثَلُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ كَمَثَلِ ٱلَّذِي يَنۡعِقُ بِمَا لَا يَسۡمَعُ إِلَّا دُعَآءٗ وَنِدَآءٗۚ صُمُّۢ بُكۡمٌ عُمۡيٞ فَهُمۡ لَا يَعۡقِلُونَ ١٧١

171. Futhi isimo salabo abangakholwa, sifana nalowo (ongumelusi) omemeza lokho okungezwa lutho ngaphandle komsindo wokubizwa nokumenyezwa; bayizimumu, bayizimungulu, bayizimpumputhe yingakho nje bengaqondisisi.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ كُلُواْ مِن طَيِّبَٰتِ مَا رَزَقۡنَٰكُمۡ وَٱشۡكُرُواْ لِلَّهِ إِن كُنتُمۡ إِيَّاهُ تَعۡبُدُونَ ١٧٢

172. Nina enikholwayo, dlanini okuhlanzekile kulokho esinabele kona bese nibonga u-Allah uma ngempela kunguYena yedwa enimkhonzayo.

إِنَّمَا حَرَّمَ عَلَيۡكُمُ ٱلۡمَيۡتَةَ وَٱلدَّمَ وَلَحۡمَ ٱلۡخِنزِيرِ وَمَآ أُهِلَّ بِهِۦ لِغَيۡرِ ٱللَّهِۖ فَمَنِ ٱضۡطُرَّ غَيۡرَ بَاغٖ وَلَا عَادٖ فَلَآ إِثۡمَ عَلَيۡهِۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٞ رَّحِيمٌ ١٧٣

173. Okuyikona aninqabele kona: ingcuba, negazi, nenyama yengulube, okungahlatshelwanga u-Allah; kepha lowo ophoqwa yisimo engenanhloso yokuphula umthetho noma ukuphambuka, akanacala; impela u-Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

174. Impela labo abagodla lokho u-Allah akwembulele eNcwadini baphinde bathengise ngakho ngenzuzo eyize; labo yibo abadla umlilo eziswini zabo futhi u-Allah angeke abakhulumise ngoSuku lokwahlulela futhi angeke abahlanze, futhi siyoba buhlungu isijeziso sabo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَكۡتُمُونَ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ مِنَ ٱلۡكِتَٰبِ وَيَشۡتَرُونَ بِهِۦ ثَمَنٗا قَلِيلًا أُوْلَٰٓئِكَ مَا يَأۡكُلُونَ فِي بُطُونِهِمۡ إِلَّا ٱلنَّارَ وَلَا يُكَلِّمُهُمُ ٱللَّهُ يَوۡمَ ٱلۡقِيَٰمَةِ وَلَا يُزَكِّيهِمۡ وَلَهُمۡ عَذَابٌ أَلِيمٌ ١٧٤

175. Yibona labo abakhethe ukuduka kunokhanya, nesijeziso kunentethelelo; baze bazimisela bo ngomlilo.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ ٱشۡتَرَوُاْ ٱلضَّلَٰلَةَ بِٱلۡهُدَىٰ وَٱلۡعَذَابَ بِٱلۡمَغۡفِرَةِۚ فَمَآ أَصۡبَرَهُمۡ عَلَى ٱلنَّارِ ١٧٥

176. Lokho kungenxa yokuthi u-Allah wembulela iNcwadi ngeqiniso, kanti labo abaphikisanayo mayelana neNcwadi, banhlanhlathela kude le.

ذَٰلِكَ بِأَنَّ ٱللَّهَ نَزَّلَ ٱلۡكِتَٰبَ بِٱلۡحَقِّۗ وَإِنَّ ٱلَّذِينَ ٱخۡتَلَفُواْ فِي ٱلۡكِتَٰبِ لَفِي شِقَاقِۭ بَعِيدٖ ١٧٦

177. Ukwenza okuhle akupheleli kuphela ekutheni nibheke ngasempumalanga nasetshonalanga [*kuSwala*]; kepha owenza okuhle, yilowo okholelwa ku-Allah nasoSukwini lokuGcina naseZingelosini naseNcwadini nakuZithunywa futhi aphe ingcebo – nakuba eyithanda – izihlobo nezintandane nabaswele nezihambi neziphanzi nasekukhululeni izigqila, futhi enze *iSwala* ngokufanele akhiphe ne*Zakati*; nalabo abafeza isethembiso

۞لَّيۡسَ ٱلۡبِرَّ أَن تُوَلُّواْ وُجُوهَكُمۡ قِبَلَ ٱلۡمَشۡرِقِ وَٱلۡمَغۡرِبِ وَلَٰكِنَّ ٱلۡبِرَّ مَنۡ ءَامَنَ بِٱللَّهِ وَٱلۡيَوۡمِ ٱلۡأٓخِرِ وَٱلۡمَلَٰٓئِكَةِ وَٱلۡكِتَٰبِ وَٱلنَّبِيِّـۧنَ وَءَاتَى ٱلۡمَالَ عَلَىٰ حُبِّهِۦ ذَوِي ٱلۡقُرۡبَىٰ وَٱلۡيَتَٰمَىٰ وَٱلۡمَسَٰكِينَ وَٱبۡنَ ٱلسَّبِيلِ وَٱلسَّآئِلِينَ وَفِي ٱلرِّقَابِ وَأَقَامَ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتَى ٱلزَّكَوٰةَ وَٱلۡمُوفُونَ بِعَهۡدِهِمۡ إِذَا عَٰهَدُواْۖ وَٱلصَّٰبِرِينَ فِي ٱلۡبَأۡسَآءِ وَٱلضَّرَّآءِ وَحِينَ ٱلۡبَأۡسِۗ أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ صَدَقُواْۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡمُتَّقُونَ ١٧٧

abasithembisile nalabo ababekezelayo enhluphekweni nasekuguleni nasempini; labo yibona abaneqiniso futhi labo yibona abamthobelayo u-Allah[1].

178. Nina enikholwayo, niyalelwe ukuba nigcine umthetho wempindiselo mayelana nababulewe; ozimele ngozimele, isigqila ngesigqila owesimame ngowesimame[2]; kepha lowo oxolelwayo ngumnewabo ngokuba akhiphe okuthile; akamlandelele kahle futhi naye akhokhe ngesihle; lokho isihe nesihawu esivela eNkosini yenu; ngakho-ke lowo oyophula umthetho[3] emuva kwalokho uyothola isijeziso esibuhlungu.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ كُتِبَ عَلَيۡكُمُ ٱلۡقِصَاصُ فِي ٱلۡقَتۡلَىۖ ٱلۡحُرُّ بِٱلۡحُرِّ وَٱلۡعَبۡدُ بِٱلۡعَبۡدِ وَٱلۡأُنثَىٰ بِٱلۡأُنثَىٰۚ فَمَنۡ عُفِيَ لَهُۥ مِنۡ أَخِيهِ شَيۡءٞ فَٱتِّبَاعُۢ بِٱلۡمَعۡرُوفِ وَأَدَآءٌ إِلَيۡهِ بِإِحۡسَٰنٖۗ ذَٰلِكَ تَخۡفِيفٞ مِّن رَّبِّكُمۡ وَرَحۡمَةٞۗ فَمَنِ ٱعۡتَدَىٰ بَعۡدَ ذَٰلِكَ فَلَهُۥ عَذَابٌ أَلِيمٞ ١٧٨

179. Futhi nithola ukuphila ekugcineni umthethweni wempindiselo nina enikhaliphile ukuze nithobele u-Allah[4].

وَلَكُمۡ فِي ٱلۡقِصَاصِ حَيَوٰةٞ يَٰٓأُوْلِي ٱلۡأَلۡبَٰبِ لَعَلَّكُمۡ تَتَّقُونَ ١٧٩

1 (2:177) Lokhu kugcizela ukuthi i-Isilamu akuyona inkolo nje, kepha iyindlela yokuphila ephelele eyengamele yonke imikhakha yempilo. Yingakho nje yinoma yisiphi isenzo esisemthethweni umuntu asenzayo ukuthokozisa u-Allah, sisaseyikona ukumkhonza u-Allah.

2 (2:178) Lokhu kuchaza ukuthi uma umbulali ebulele umuntu ngamabomu, ngokomthetho wempindiselo kufanele kubulawe yena umbulali uqobo, kungaba isigqila noma umfazi noma indoda, ngakhoke akuvumelekile ukuba kubulawe omunye umuntu esikhundleni sakhe.

3 (2:179) Ngokubulala umbulali emuva kokuba esemxolele futhi wamukela nenhlawulo.

4 (2:179) Ukusebenza kwalomthetho kuqinisekisa ukuncipha kokubulala ngenhloso nokuhleliwe impilo ihlonishwe baphile abantu ezweni.

كُتِبَ عَلَيْكُمْ إِذَا حَضَرَ أَحَدَكُمُ ٱلْمَوْتُ إِن تَرَكَ خَيْرًا ٱلْوَصِيَّةُ لِلْوَٰلِدَيْنِ وَٱلْأَقْرَبِينَ بِٱلْمَعْرُوفِ ۖ حَقًّا عَلَى ٱلْمُتَّقِينَ ﴿١٨٠﴾

180. Niyalelwe ukuba nibe nesiyalelofa, lapho omunye wenu eficwa wukufa; nabele abazali nezihlobo ngesihle; uma kukhona okuhle akushiyayo [ifa]; kuphoqelekile kulabo abamthobelayo u-Allah.

فَمَنۢ بَدَّلَهُۥ بَعْدَ مَا سَمِعَهُۥ فَإِنَّمَآ إِثْمُهُۥ عَلَى ٱلَّذِينَ يُبَدِّلُونَهُۥٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿١٨١﴾

181. Lowo osiguqulayo [isiyalelofa] emuva kokuba esesizwile, icala liyoba nalabo abasiguqulile; impela u-Allah Ungozwayo Owaziyo.

فَمَنْ خَافَ مِن مُّوصٍ جَنَفًا أَوْ إِثْمًا فَأَصْلَحَ بَيْنَهُمْ فَلَآ إِثْمَ عَلَيْهِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٨٢﴾

182. Lowo owesabela ukuthi umabifa wenze iphutha noma uphambukile [ekwabeni ifa kusiyalelofa] wabe yena eselungisa phakathi kwabo [umabifa nezindlalifa] akanacala; impela u-Allah uNgumthetheleli Onesihawu.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ كُتِبَ عَلَيْكُمُ ٱلصِّيَامُ كَمَا كُتِبَ عَلَى ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِكُمْ لَعَلَّكُمْ تَتَّقُونَ ﴿١٨٣﴾

183. Nina enikholwayo, ninqunyelwe ukuba nizile [ukudla] njengoba nalabo abanandulelayo banqunyelwa nabo, ukuze nibe ngabamthobelayo u-Allah.

أَيَّامًا مَّعْدُودَٰتٍ ۚ فَمَن كَانَ مِنكُم مَّرِيضًا أَوْ عَلَىٰ سَفَرٍ فَعِدَّةٌ مِّنْ أَيَّامٍ أُخَرَ ۚ وَعَلَى ٱلَّذِينَ يُطِيقُونَهُۥ فِدْيَةٌ طَعَامُ مِسْكِينٍ ۖ فَمَن تَطَوَّعَ خَيْرًا فَهُوَ خَيْرٌ لَّهُۥ ۚ

184. Izinsuku nje ezimbalwa; kepha lowo kini ogulayo noma osohambeni, inani lelo useyolikhokha ezinsukwini ezinye; futhi labo abakhonayo ukuzila [kanzima][1]

1 (2:184) Lokhu kufaka phakathi owesimame ozethwele, nomuntu osegugile, nophethwe ukugula okungalapheki, njalonjalo; bonke laba banawo amandla okuzila kepha kungaphansi kwezimo ezinzima ezingahle zibhebhethekise ukugula kwabo noma kubeke engcupheni impilo yomnungu esiswini.

وَأَن تَصُومُواْ خَيۡرٞ لَّكُمۡ إِن كُنتُمۡ تَعۡلَمُونَ ١٨٤

kufanele bakhiphe *ifidiya* (inhlawulo) bondle umuntu ontulayo [ngosuku]; kanti-ke lowo owengeza okuhle okungaphoqelekile, kuyosiza yena; futhi ukuba nizile yikona okungcono kini, ukube nje niyazi.

شَهۡرُ رَمَضَانَ ٱلَّذِيٓ أُنزِلَ فِيهِ ٱلۡقُرۡءَانُ هُدٗى لِّلنَّاسِ وَبَيِّنَٰتٖ مِّنَ ٱلۡهُدَىٰ وَٱلۡفُرۡقَانِۚ فَمَن شَهِدَ مِنكُمُ ٱلشَّهۡرَ فَلۡيَصُمۡهُۖ وَمَن كَانَ مَرِيضًا أَوۡ عَلَىٰ سَفَرٖ فَعِدَّةٞ مِّنۡ أَيَّامٍ أُخَرَۗ يُرِيدُ ٱللَّهُ بِكُمُ ٱلۡيُسۡرَ وَلَا يُرِيدُ بِكُمُ ٱلۡعُسۡرَ وَلِتُكۡمِلُواْ ٱلۡعِدَّةَ وَلِتُكَبِّرُواْ ٱللَّهَ عَلَىٰ مَا هَدَىٰكُمۡ وَلَعَلَّكُمۡ تَشۡكُرُونَ ١٨٥

185. Inyanga *yeRamadani* lena okwembulelwa kuyo iKurani ukuze ibe umhlahlandlela kusintu sonkana kanjalo nobufakazi bendlela eqondile nokuhlukanisa[1]; ngakho-ke lowo kini oyificayo lenyanga makayizile; kepha lowo ogulayo noma osohambeni, inani lelo useyolikhokha ezinsukwini ezinye; u-Allah ufuna ukunenzela kube lula futhi akafuni ukunithwesa ubunzima; ngakho-ke qedelelani izinsuku futhi nibabaze ubukhulu buka-Allah ngalokho aniholele kukho ukuze nibe ngababongayo.

وَإِذَا سَأَلَكَ عِبَادِي عَنِّي فَإِنِّي قَرِيبٌۖ أُجِيبُ دَعۡوَةَ ٱلدَّاعِ إِذَا دَعَانِۖ فَلۡيَسۡتَجِيبُواْ لِي وَلۡيُؤۡمِنُواْ بِي لَعَلَّهُمۡ يَرۡشُدُونَ ١٨٦

186. Uma izigqila zami zikubuza [Sithunywa] ngaMi; impela Mina ngiseduze, ngiyayiphendula imikhuleko yokhulekayo lapho ekhuleka kiMi; ngakho-ke mazilalele Mina futhi zikholelwe kiMi ukuze zibe ngabalungileyo.

1 (2:185) Ihlungo, yilokho okuhlukaniswa ngakho phakathi kokuhle nokubi.

أُحِلَّ لَكُمْ لَيْلَةَ ٱلصِّيَامِ ٱلرَّفَثُ إِلَىٰ
نِسَآئِكُمْ ۚ هُنَّ لِبَاسٌ لَّكُمْ وَأَنتُمْ
لِبَاسٌ لَّهُنَّ ۗ عَلِمَ ٱللَّهُ أَنَّكُمْ كُنتُمْ
تَخْتَانُونَ أَنفُسَكُمْ فَتَابَ عَلَيْكُمْ
وَعَفَا عَنكُمْ ۖ فَٱلْـَٰٔنَ بَٰشِرُوهُنَّ وَٱبْتَغُوا۟
مَا كَتَبَ ٱللَّهُ لَكُمْ ۚ وَكُلُوا۟ وَٱشْرَبُوا۟
حَتَّىٰ يَتَبَيَّنَ لَكُمُ ٱلْخَيْطُ ٱلْأَبْيَضُ مِنَ
ٱلْخَيْطِ ٱلْأَسْوَدِ مِنَ ٱلْفَجْرِ ۖ ثُمَّ أَتِمُّوا۟
ٱلصِّيَامَ إِلَى ٱلَّيْلِ ۚ وَلَا تُبَٰشِرُوهُنَّ وَأَنتُمْ
عَٰكِفُونَ فِى ٱلْمَسَٰجِدِ ۗ تِلْكَ حُدُودُ ٱللَّهِ
فَلَا تَقْرَبُوهَا ۗ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ ءَايَٰتِهِۦ
لِلنَّاسِ لَعَلَّهُمْ يَتَّقُونَ ﴿١٨٧﴾

187. Nivunyelwe ukuba niye ocansini nabafazi benu ngobusuku bokuzila; bayizembatho zenu futhi nani niyizembatho zabo; u-Allah ubazi kahle ukuthi benizikhohlisa nina qobokepha wanithethelela wanixolela; ngakho-ke manje yanini nabo ocansini nilangazelele lokho u-Allah anabele kona; futhi dlanini niphuze kuze kuntwele ukusa kudede ubumnyama entathakusa bese niqhubeka njalo nokuzila kuze kuhlwe; futhi ningalinge niye ocansini nabesifazane uma nizinze *eMasijidi*; leyo imikhawulo ka-Allah, ngakhoke ningalinge nisondele kuyo; ubacacisela kanjalo u-Allah abantu imibiko yaKhe ukuze bamthobele.

وَلَا تَأْكُلُوٓا۟ أَمْوَٰلَكُم بَيْنَكُم بِٱلْبَٰطِلِ
وَتُدْلُوا۟ بِهَآ إِلَى ٱلْحُكَّامِ لِتَأْكُلُوا۟ فَرِيقًا مِّنْ
أَمْوَٰلِ ٱلنَّاسِ بِٱلْإِثْمِ وَأَنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿١٨٨﴾

188. Futhi ningadli ingcebo yenu phakathi kwenu ngokungemthetho niphinde futhi nimangalelane ngayo kubahluleli ngenhloso yokudla ingxenye yengcebo yabantu ngobuqili nibe nazi.

يَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلْأَهِلَّةِ ۖ قُلْ هِىَ مَوَٰقِيتُ
لِلنَّاسِ وَٱلْحَجِّ ۗ وَلَيْسَ ٱلْبِرُّ بِأَن تَأْتُوا۟
ٱلْبُيُوتَ مِن ظُهُورِهَا

189. Bayakubuza mayelana nezigaba zenyanga; yithi: "Ziyindlela abantu abazi ngazo izikhathi[1]

1 (2:189) Ukusebenzisa izigaba zenyanga yindlela endala yesintu sonkana ukubala izinsuku. Yingakho nangolwimi lwesiZulu izinsuku ezi-30 kuthiwa inyanga. Izigaba zenyanga zimahlandla mbili, elokuqala izinsuku ezi-15 lapho inyanga ihluma khona, elisibili izinsuku ezi-15 sesibili lapho imbatha khona.

neHaji"; futhi akuyona into enhle ukungena endlini ngemumva; kepha ukulunga ukuthobela u-Allah; ngakho-ke ngenani ezindlini ngeminyango yazo; futhi nithobele u-Allah ukuze niphumelele.

وَلَٰكِنَّ ٱلْبِرَّ مَنِ ٱتَّقَىٰ ۗ وَأْتُوا۟ ٱلْبُيُوتَ مِنْ أَبْوَٰبِهَا ۚ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿١٨٩﴾

190. Futhi yilwani endleleni ka-Allah nalabo abalwa nanifuthi ningephuli umthetho[1]; impela u-Allah akazithandi izephulamthetho.

وَقَٰتِلُوا۟ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ٱلَّذِينَ يُقَٰتِلُونَكُمْ وَلَا تَعْتَدُوٓا۟ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ ٱلْمُعْتَدِينَ ﴿١٩٠﴾

191. Futhi babulaleni noma yikuphi lapho enibathola khona niphinde nibaxoshe lapho abanixosha khona; kanti ukungakholwa kunzima kunokubulawa; kepha ningalwi nabo *eMasijidi Haramu* kuze kube yibona abalwa nani [kuqala] kuyo; uma belwa nani, nina babulaleni; unjalo-ke umvuzo wabangakholwa.

وَٱقْتُلُوهُمْ حَيْثُ ثَقِفْتُمُوهُمْ وَأَخْرِجُوهُم مِّنْ حَيْثُ أَخْرَجُوكُمْ ۚ وَٱلْفِتْنَةُ أَشَدُّ مِنَ ٱلْقَتْلِ ۚ وَلَا تُقَٰتِلُوهُمْ عِندَ ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ حَتَّىٰ يُقَٰتِلُوكُمْ فِيهِ ۖ فَإِن قَٰتَلُوكُمْ فَٱقْتُلُوهُمْ ۗ كَذَٰلِكَ جَزَآءُ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿١٩١﴾

192. Kepha uma bepheza; impela u-Allah unguMthetheleli Onesihawu.

فَإِنِ ٱنتَهَوْا۟ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٩٢﴾

1 (2:190) i-Isilamu akuyona nje inkolo yamasiko athize kuphela. Kepha iyindlela yokuphila ephelele emithetho yayo ingamele yonke iminxa yempilo, kanjalo nezempi. Njengokuthi amaMusilimu awavunyelwe (i) ukuhlasela ngaphambi kokuba banike izitha zabo isexwayiso sezinsuku ezintathu ngaphambi kokuhlasela (ii) ukugadla kulabo abengeyona ingxeye yebutho noma impi (iii) ukucekela phansi amasimu nemizi noma imfuyo (iv) ukunyukubeza izidumbu zamabutho awile (v) ukuhlasela izingane nesimame kanye namaxhegu namaxhegukazi; lena eminye yemithetho okungamelwe yephule empini.

وَقَٰتِلُوهُمْ حَتَّىٰ لَا تَكُونَ فِتْنَةٌ وَيَكُونَ ٱلدِّينُ لِلَّهِ ۖ فَإِنِ ٱنتَهَوْا۟ فَلَا عُدْوَٰنَ إِلَّا عَلَى ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٩٣﴾

193. Yilwani nabo kuze kuphele ukungakholwa futhi inkolo yonke ibe ngeka-Allah kuphela; kepha uma bepheza, kuyohlaselwa abaphambukile kuphela.

ٱلشَّهْرُ ٱلْحَرَامُ بِٱلشَّهْرِ ٱلْحَرَامِ وَٱلْحُرُمَٰتُ قِصَاصٌ ۚ فَمَنِ ٱعْتَدَىٰ عَلَيْكُمْ فَٱعْتَدُوا۟ عَلَيْهِ بِمِثْلِ مَا ٱعْتَدَىٰ عَلَيْكُمْ ۚ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ مَعَ ٱلْمُتَّقِينَ ﴿١٩٤﴾

194. Inyanga ehlonishwayo ngenyanga ehlonishwayo; nomthetho wempindiselo uyasebenza kulokho okuhlonishwayo; ngako-ke lowo onihlaselayo ziphindiseleni kuye ngokufanayo; futhi nithobele u-Allah nihlale nazi ukuthi u-Allah unalabo abamthobelayo.

وَأَنفِقُوا۟ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَلَا تُلْقُوا۟ بِأَيْدِيكُمْ إِلَى ٱلتَّهْلُكَةِ ۛ وَأَحْسِنُوٓا۟ ۛ إِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٩٥﴾

195. Futhi nikelani endleleni ka-Allah ningazifaki embujisweni ngezenu izandla futhi nenze okulungileyo; impela u-Allah uyabathanda abenza okulungileyo.

وَأَتِمُّوا۟ ٱلْحَجَّ وَٱلْعُمْرَةَ لِلَّهِ ۚ فَإِنْ أُحْصِرْتُمْ فَمَا ٱسْتَيْسَرَ مِنَ ٱلْهَدْىِ ۖ وَلَا تَحْلِقُوا۟ رُءُوسَكُمْ حَتَّىٰ يَبْلُغَ ٱلْهَدْىُ مَحِلَّهُۥ ۚ فَمَن كَانَ مِنكُم مَّرِيضًا أَوْ بِهِۦٓ أَذًى مِّن رَّأْسِهِۦ فَفِدْيَةٌ مِّن صِيَامٍ أَوْ صَدَقَةٍ أَوْ نُسُكٍ ۚ فَإِذَآ أَمِنتُمْ فَمَن تَمَتَّعَ بِٱلْعُمْرَةِ إِلَى ٱلْحَجِّ فَمَا ٱسْتَيْسَرَ مِنَ ٱلْهَدْىِ ۚ فَمَن لَّمْ يَجِدْ فَصِيَامُ ثَلَٰثَةِ أَيَّامٍ فِى ٱلْحَجِّ وَسَبْعَةٍ إِذَا رَجَعْتُمْ ۗ تِلْكَ عَشَرَةٌ كَامِلَةٌ ۗ ذَٰلِكَ لِمَن لَّمْ يَكُنْ أَهْلُهُۥ حَاضِرِى ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ ۚ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ شَدِيدُ ٱلْعِقَابِ ﴿١٩٦﴾

196. Futhi yenzelani u-Allah *iHaji* ne-*Umra* ngokuphelele; kepha uma nivimbekile endleleni [nangakwazi ukufika *eHaramu*], hlabani noma yisiphi isilwane somhlatshelo esitholakalayo; futhi ningawagundi amakhanda enu isilwane somhlatshelo singakafiki endaweni yaso; kepha uma kukhonakini ogulayo noma onokulimala okuthize ekhanda [okudinga ukuba aligunde], kumele ahlawule ngokuzila noma ngokondla [abaswele] noma ngomhlatshelo; uma seniphephile [ukuqhubeka nohambo], lowo owenza i-*Umra* ngaphambi

kwe*Haji*, makahlabe noma yisiphi isilwane somhlatshelo esitholakalayo; lowo ongenaso kumele azile insuku ezintathu ngesikhathi esasekuyo *iHaji* neziyisikhombisa lapho senibuyele ekhaya, lokho ishumi eliphelele [lezinsuku]; lokhu kubhekiswe kulowo umndeni wakhe ungezona izakhamuzi *zaseMasijidi Haramu* [eMakha]; futhi thobelani u-Allah futhi nazi ukuthi u-Allah ujezisana kanzima.

197. *iHaji* ingezinyanga ezaziwayo; ngakhoke lowo owenza kuzo *iHaji* akumele ukuba aye ocansini noma aphule umthetho noma aqophisane [nabanye] uma nje esasekuyo *iHaji*; futhi konke okuhle enikwenzayo u-Allah uyakwazi; futhi niphathe umphako, impela umphako ongcono ukuthobela u-Allah; ngakho-ke ngithobeleni nina enikhaliphile.

ٱلْحَجُّ أَشْهُرٌ مَّعْلُومَٰتٌ ۚ فَمَن فَرَضَ فِيهِنَّ ٱلْحَجَّ فَلَا رَفَثَ وَلَا فُسُوقَ وَلَا جِدَالَ فِى ٱلْحَجِّ ۗ وَمَا تَفْعَلُوا۟ مِنْ خَيْرٍ يَعْلَمْهُ ٱللَّهُ ۗ وَتَزَوَّدُوا۟ فَإِنَّ خَيْرَ ٱلزَّادِ ٱلتَّقْوَىٰ ۚ وَٱتَّقُونِ يَٰٓأُو۟لِى ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿١٩٧﴾

198. Aninacala uma nizithungathela [ngokuhweba] izibusiso ezivela eNkosini yenu; uma senibuya e-*Arafati*, dumisani u-Allah e*Mash'ari Haramu* [*eMuzidalifa*], nimdumise njengoba anihola njengoba benivele nidukile ngaphambilini.

لَيْسَ عَلَيْكُمْ جُنَاحٌ أَن تَبْتَغُوا۟ فَضْلًا مِّن رَّبِّكُمْ ۚ فَإِذَآ أَفَضْتُم مِّنْ عَرَفَٰتٍ فَٱذْكُرُوا۟ ٱللَّهَ عِندَ ٱلْمَشْعَرِ ٱلْحَرَامِ ۖ وَٱذْكُرُوهُ كَمَا هَدَىٰكُمْ وَإِن كُنتُم مِّن قَبْلِهِۦ لَمِنَ ٱلضَّآلِّينَ ﴿١٩٨﴾

ثُمَّ أَفِيضُواْ مِنۡ حَيۡثُ أَفَاضَ ٱلنَّاسُ وَٱسۡتَغۡفِرُواْ ٱللَّهَۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ﴿١٩٩﴾

199. Bese niya lapho abantu beya khona, futhi nicele intethelelo ku-Allah; impela u-Allah unguMthetheleli Onesihawu.

فَإِذَا قَضَيۡتُم مَّنَاسِكَكُمۡ فَٱذۡكُرُواْ ٱللَّهَ كَذِكۡرِكُمۡ ءَابَآءَكُمۡ أَوۡ أَشَدَّ ذِكۡرٗاۗ فَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يَقُولُ رَبَّنَآ ءَاتِنَا فِي ٱلدُّنۡيَا وَمَا لَهُۥ فِي ٱلۡأٓخِرَةِ مِنۡ خَلَٰقٖ ﴿٢٠٠﴾

200. Uma seniziphothulile zonke izinkambiso zenu, khumbulani-ke u-Allah njengalokhu naniye nikhumbule okhokho benu noma ngokwendlulele; futhi kunabantu abathi: "Nkosi yethu, siphe emhlabeni" – kepha abanasabelo kwelizayo.

وَمِنۡهُم مَّن يَقُولُ رَبَّنَآ ءَاتِنَا فِي ٱلدُّنۡيَا حَسَنَةٗ وَفِي ٱلۡأٓخِرَةِ حَسَنَةٗ وَقِنَا عَذَابَ ٱلنَّارِ ﴿٢٠١﴾

201. Futhi kunalabo kubo abathi: "Nkosi yethu, siphe okuhle emhlabeni nokuhle nakwelizayo, futhi usivikele esijezisweni soMlilo".

أُوْلَٰٓئِكَ لَهُمۡ نَصِيبٞ مِّمَّا كَسَبُواْۚ وَٱللَّهُ سَرِيعُ ٱلۡحِسَابِ ﴿٢٠٢﴾

202. Labo bayothola umvuzo wemisebenzi yabo; futhi u-Allah wehlulela ngokushesha[1].

*وَٱذۡكُرُواْ ٱللَّهَ فِيٓ أَيَّامٖ مَّعۡدُودَٰتٖۚ فَمَن تَعَجَّلَ فِي يَوۡمَيۡنِ فَلَآ إِثۡمَ عَلَيۡهِۚ وَمَن تَأَخَّرَ فَلَآ إِثۡمَ عَلَيۡهِۚ لِمَنِ ٱتَّقَىٰۗ وَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّكُمۡ إِلَيۡهِ تُحۡشَرُونَ ﴿٢٠٣﴾

203. Futhi khumbulani u-Allah ezinsukwini ezimbalwa [ze*Haji*ku*Dulhija*]; lowo oshesha ahambe ezunsukwini ezimbili akanacala kanti futhi nalowo osalayo akanacala; uma nje bethobela u-Allah; futhi mthobeleni u-Allah futhi nihlale nazi ukuthi niyakubuyela kuYe.

1 (2:202) Lombiko uphemdula umbuzo ongahle ufike emqondweni, wokuthi njengoba indalo ka-Allah ingaka nje, ingabe kuyomthatha isikhathi esingakanani. Phela u-Allah unguSomandla uyophothula ngokukhulu ukushesha ukwahlulela indalo yaKhe kwelizayo.

204. Futhi kunalowo ebantwini okuhlaba umxhwele ngenkulumo yakhe kwezimayelana nempilo yasemhlabeni aphinde afunge ngo-Allah ngokusenhlizweni yakhe; kube empeleni uthanda ukuphikisana kakhulu.

وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يُعۡجِبُكَ قَوۡلُهُۥ فِي ٱلۡحَيَوٰةِ ٱلدُّنۡيَا وَيُشۡهِدُ ٱللَّهَ عَلَىٰ مَا فِي قَلۡبِهِۦ وَهُوَ أَلَدُّ ٱلۡخِصَامِ ﴿٢٠٤﴾

205. Uma esesukile [kuwe] ulibala ukwenza ukonakala ezweni ngokuzikhandla aphinde acekele phansi amasimu nemfuyo; u-Allah akakuthandi ukonakala.

وَإِذَا تَوَلَّىٰ سَعَىٰ فِي ٱلۡأَرۡضِ لِيُفۡسِدَ فِيهَا وَيُهۡلِكَ ٱلۡحَرۡثَ وَٱلنَّسۡلَۗ وَٱللَّهُ لَا يُحِبُّ ٱلۡفَسَادَ ﴿٢٠٥﴾

206. Uma kuthiwa kuye: "thobela u-Allah", ugqabhi lwakhe lumenza aphikelele empambukweni; ngakho-ke *iJahanamu* imenele, futhi yaze yayindawo embi impela yokuhlala.

وَإِذَا قِيلَ لَهُ ٱتَّقِ ٱللَّهَ أَخَذَتۡهُ ٱلۡعِزَّةُ بِٱلۡإِثۡمِۚ فَحَسۡبُهُۥ جَهَنَّمُۚ وَلَبِئۡسَ ٱلۡمِهَادُ ﴿٢٠٦﴾

207. Futhi kubantu kunalowo ozinikela ngokuphelele elangazelela ukuthokozisa u-Allah; futhi u-Allah unesihe ezigqileni zaKhe.

وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يَشۡرِي نَفۡسَهُ ٱبۡتِغَآءَ مَرۡضَاتِ ٱللَّهِۗ وَٱللَّهُ رَءُوفُۢ بِٱلۡعِبَادِ ﴿٢٠٧﴾

208. Nina enikholwayo, ngenani ngokuphelele ku-*Isilamu*, futhi ningalandeli emabandeni *kaShayitani*; impela uyisitha senu esiqavile.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱدۡخُلُواْ فِي ٱلسِّلۡمِ كَآفَّةٗ وَلَا تَتَّبِعُواْ خُطُوَٰتِ ٱلشَّيۡطَٰنِۚ إِنَّهُۥ لَكُمۡ عَدُوّٞ مُّبِينٞ ﴿٢٠٨﴾

209. Uma niphambuka emuva kokuba senithole ubufakazi obucacile, yazini ukuthi u-Allah unguSomandla Okhaliphile.

فَإِن زَلَلۡتُم مِّنۢ بَعۡدِ مَا جَآءَتۡكُمُ ٱلۡبَيِّنَٰتُ فَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّ ٱللَّهَ عَزِيزٌ حَكِيمٞ ﴿٢٠٩﴾

هَلۡ يَنظُرُونَ إِلَّآ أَن يَأۡتِيَهُمُ ٱللَّهُ فِي ظُلَلٖ مِّنَ ٱلۡغَمَامِ وَٱلۡمَلَٰٓئِكَةُ وَقُضِيَ ٱلۡأَمۡرُۚ وَإِلَى ٱللَّهِ تُرۡجَعُ ٱلۡأُمُورُ ٢١٠

210. Kumbe [abangafuni ukukholwa] balindele ukuba u-Allah afike kubo engungwe ngamafu kanye nezingelosi; lapho luyophuthwa okokugcina udaba; futhi zonke izinto ziyobuyela ku-Allah.

سَلۡ بَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ كَمۡ ءَاتَيۡنَٰهُم مِّنۡ ءَايَةم بَيِّنَةٖۗ وَمَن يُبَدِّلۡ نِعۡمَةَ ٱللَّهِ مِنۢ بَعۡدِ مَا جَآءَتۡهُ فَإِنَّ ٱللَّهَ شَدِيدُ ٱلۡعِقَابِ ٢١١

211. Buza isizwe sakwa *Isirayeli,* kukaningi sibalethela imibiko ecacile; futhi lowo oguqula isibusiso sika-Allah (imibiko) emuva kokuba esesitholile, impela u-Allah ujezisana kanzima.

زُيِّنَ لِلَّذِينَ كَفَرُواْ ٱلۡحَيَوٰةُ ٱلدُّنۡيَا وَيَسۡخَرُونَ مِنَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْۘ وَٱلَّذِينَ ٱتَّقَوۡاْ فَوۡقَهُمۡ يَوۡمَ ٱلۡقِيَٰمَةِۗ وَٱللَّهُ يَرۡزُقُ مَن يَشَآءُ بِغَيۡرِ حِسَابٖ ٢١٢

212. Impilo yomhlaba yenziwe yaheha kulabo abangakholwa futhi babukisa ngalabo abakholwayo; kepha labo abathobela u-Allah bayophakama kunabo ngoSuku lokwahlulela; futhi u-Allah wabela amthandayo ngokungenamkhawulo.

كَانَ ٱلنَّاسُ أُمَّةٗ وَٰحِدَةٗ فَبَعَثَ ٱللَّهُ ٱلنَّبِيِّـۧنَ مُبَشِّرِينَ وَمُنذِرِينَ وَأَنزَلَ مَعَهُمُ ٱلۡكِتَٰبَ بِٱلۡحَقِّ لِيَحۡكُمَ بَيۡنَ ٱلنَّاسِ فِيمَا ٱخۡتَلَفُواْ فِيهِۚ وَمَا ٱخۡتَلَفَ فِيهِ إِلَّا ٱلَّذِينَ أُوتُوهُ مِنۢ بَعۡدِ مَا جَآءَتۡهُمُ ٱلۡبَيِّنَٰتُ بَغۡيَۢا بَيۡنَهُمۡۖ

213. Abantu babelandela inkolo eyodwa[1], u-Allah wabe esethumela iZithunywa zizokwethula izindaba ezinhle futhi zixwayise; waphinde wathumela nazo incwadi eneqiniso ukuze yehlulele abantu kulokho abaphikisana

1 (2:213) u-Ibin Abhasi رَضِيَ اللَّهُ عَنْهُ ulandisa uthi: "Phakathi kuka Adamu no Nuhu kunezizukulwana eziyishumi, bonke babephila ngendlela eyodwa yeqiniso, kwabe sekuqubuka ingxabano [ngenxa yokuthi abanye base beqale ukukhonza izithixo]; u-Allah wathumela iZithunywa ukuze zizothula izindaba ezinhle kanye nezixwayiso. [Al-Haakim, mq.2, kh.546-547]

فَهَدَى ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لِمَا ٱخۡتَلَفُواْ فِيهِ مِنَ ٱلۡحَقِّ بِإِذۡنِهِۦۗ وَٱللَّهُ يَهۡدِي مَن يَشَآءُ إِلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٍ ٢١٣

ngakho; futhi labo abaphikisana ngayo yilabo abanikwa yona – ngenxa yenzondo phakathi kwabo emuva kokuba sebethole ubufakazi; ngakho-ke u-Allah ngentando yakhe, uholela eqinisweni labo abakholwayo kulokho ababephikisana ngakho; phela u-Allah uholela amthandayo endleleni eqondile.

أَمۡ حَسِبۡتُمۡ أَن تَدۡخُلُواْ ٱلۡجَنَّةَ وَلَمَّا يَأۡتِكُم مَّثَلُ ٱلَّذِينَ خَلَوۡاْ مِن قَبۡلِكُمۖ مَّسَّتۡهُمُ ٱلۡبَأۡسَآءُ وَٱلضَّرَّآءُ وَزُلۡزِلُواْ حَتَّىٰ يَقُولَ ٱلرَّسُولُ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مَعَهُۥ مَتَىٰ نَصۡرُ ٱللَّهِۗ أَلَآ إِنَّ نَصۡرَ ٱللَّهِ قَرِيبٞ ٢١٤

214. Ingabe nicabanga ukuthi niyongena e*Jana* ningaka hlangabezani nokwehlela labo abanandulelayo na?; behlaselwa ubuphuya nezifo futhi bazinyaziswa [uvalo lwezitha] saze sathi isiThunywa kanye nabakholwayo naye: "Luyofika nini usizo luka Allah na?"; bheka, usizo luka Allah luseduze.

يَسۡـَٔلُونَكَ مَاذَا يُنفِقُونَۖ قُلۡ مَآ أَنفَقۡتُم مِّنۡ خَيۡرٖ فَلِلۡوَٰلِدَيۡنِ وَٱلۡأَقۡرَبِينَ وَٱلۡيَتَٰمَىٰ وَٱلۡمَسَٰكِينِ وَٱبۡنِ ٱلسَّبِيلِۗ وَمَا تَفۡعَلُواْ مِنۡ خَيۡرٖ فَإِنَّ ٱللَّهَ بِهِۦ عَلِيمٞ ٢١٥

215. Bayakubuza ukuthi yikuphi abangaphana ngakho, yithi: "Konke okuhle eniphana ngakho, makunikwe abazali nezihlobo nezintandane nabaswele kanye nomhambi; futhi konke okuhle enikwenzayo u-Allah uyakwazi.

كُتِبَ عَلَيۡكُمُ ٱلۡقِتَالُ وَهُوَ كُرۡهٞ لَّكُمۡۖ وَعَسَىٰٓ أَن تَكۡرَهُواْ شَيۡـٔٗا وَهُوَ خَيۡرٞ لَّكُمۡۖ وَعَسَىٰٓ أَن تُحِبُّواْ شَيۡـٔٗا وَهُوَ شَرّٞ لَّكُمۡۚ وَٱللَّهُ يَعۡلَمُ وَأَنتُمۡ لَا تَعۡلَمُونَ ٢١٦

216. Niphoqelekile ukuba nilwe [empini] yize nenqena; futhi kuyenzeka ukuthi nenqene into kodwa kube iyona enilungele noma nithande into kodwa ibe inganilungele; u-Allah uyazi kepha nina anazi.

يَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلشَّهْرِ ٱلْحَرَامِ قِتَالٍ فِيهِ ۖ قُلْ قِتَالٌ فِيهِ كَبِيرٌ ۚ وَصَدٌّ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ وَكُفْرٌۢ بِهِۦ وَٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ وَإِخْرَاجُ أَهْلِهِۦ مِنْهُ أَكْبَرُ عِندَ ٱللَّهِ ۚ وَٱلْفِتْنَةُ أَكْبَرُ مِنَ ٱلْقَتْلِ ۗ وَلَا يَزَالُونَ يُقَٰتِلُونَكُمْ حَتَّىٰ يَرُدُّوكُمْ عَن دِينِكُمْ إِنِ ٱسْتَطَٰعُوا۟ ۚ وَمَن يَرْتَدِدْ مِنكُمْ عَن دِينِهِۦ فَيَمُتْ وَهُوَ كَافِرٌ فَأُو۟لَٰٓئِكَ حَبِطَتْ أَعْمَٰلُهُمْ فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْـَٔاخِرَةِ ۖ وَأُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٢١٧﴾

217. Bakubuza ngokulwa eNyangeni ehlonishwayo, yithi: "Ukulwa kuyo kuyimpambuko enkulu, kepha enkulu kunaleyo ku-Allah, ukuvimba [abantu] ekulandeleni indlela ka-Allah [i-*Isilamu*] nokungakholelwa kuYe kanye nokuvimba [abantu] ekungeneni e-*Masijidi Haramu* nokuxosha kuyo izakhamuzi zakhona; futhi ukungakholwa kuyimpambuko enkulu kunokubulala; futhi angeke bayeke ukulwa nani kuze kube bayanikhipha okholweni lwenu uma bekhona; futhi loyo kini oyoshiya ukholo lwakhe [abe yimbuka], afe engakholwa, izenzo zabo [ezinhle] ziyoshabalala emhlabeni nakwelizayo, futhi bayongena eMlilweni babhadle kuwo unaphakade.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَٱلَّذِينَ هَاجَرُوا۟ وَجَٰهَدُوا۟ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ أُو۟لَٰٓئِكَ يَرْجُونَ رَحْمَتَ ٱللَّهِ ۚ وَٱللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٢١٨﴾

218. Impela laba abakholwayo nalabo abafudukayo kanye nabalwa endleleni ka-Allah; labo bangabalangazelela umusa ka-Allah; futhi u-Allah Uyathethelela Unesihawu.

*يَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلْخَمْرِ وَٱلْمَيْسِرِ ۖ قُلْ فِيهِمَآ إِثْمٌ كَبِيرٌ وَمَنَٰفِعُ لِلنَّاسِ وَإِثْمُهُمَآ أَكْبَرُ مِن نَّفْعِهِمَا ۗ وَيَسْـَٔلُونَكَ مَاذَا يُنفِقُونَ ۖ قُلِ ٱلْعَفْوَ ۗ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمُ ٱلْـَٔايَٰتِ لَعَلَّكُمْ تَتَفَكَّرُونَ ﴿٢١٩﴾

219. Bakubuza ngalokho okudakayo nango kugembula; yithi: "Zombili lezinto, zinempambuko enkulu kanjalo nalokho okuwusizo kubantu, kepha impambuko yazo yendlula lokho okunosizo kuzo; futhi bayakubuza ukuthi yikuphi abangaphana ngakho,

yithi: "kulokho okusele"; unihlalusela kanjalo-ke u-Allah imibiko ukuze nicabangisise.

فِي ٱلدُّنْيَا وَٱلْـَٔاخِرَةِ ۗ وَيَسْـَٔلُونَكَ عَنِ
ٱلْيَتَـٰمَىٰ ۖ قُلْ إِصْلَاحٌ لَّهُمْ خَيْرٌ ۖ وَإِن
تُخَالِطُوهُمْ فَإِخْوَٰنُكُمْ ۚ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ
ٱلْمُفْسِدَ مِنَ ٱلْمُصْلِحِ ۚ وَلَوْ شَآءَ ٱللَّهُ
لَأَعْنَتَكُمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٢٢٠﴾

220. Emhlabeni nakwelizayo; bayakubuza futhi ngezintandane[1], yithi: "Ukuzinakekela kuyinto enhle, futhi uma nihlala kanye nazo zingabafowenu"; futhi u-Allah uyamazi ohlose ukonakala nohlose okuhle; uma u-Allah ethanda anganenzela kubenzima; impela u-Allah Unamandla Ukhaliphile.

وَلَا تَنكِحُوا۟ ٱلْمُشْرِكَـٰتِ حَتَّىٰ يُؤْمِنَّ ۚ
وَلَأَمَةٌ مُّؤْمِنَةٌ خَيْرٌ مِّن مُّشْرِكَةٍ وَلَوْ
أَعْجَبَتْكُمْ ۗ وَلَا تُنكِحُوا۟ ٱلْمُشْرِكِينَ
حَتَّىٰ يُؤْمِنُوا۟ ۚ وَلَعَبْدٌ مُّؤْمِنٌ خَيْرٌ مِّن
مُّشْرِكٍ وَلَوْ أَعْجَبَكُمْ ۗ أُو۟لَـٰٓئِكَ يَدْعُونَ
إِلَى ٱلنَّارِ ۖ وَٱللَّهُ يَدْعُوٓا۟ إِلَى ٱلْجَنَّةِ
وَٱلْمَغْفِرَةِ بِإِذْنِهِۦ ۖ وَيُبَيِّنُ ءَايَـٰتِهِۦ لِلنَّاسِ
لَعَلَّهُمْ يَتَذَكَّرُونَ ﴿٢٢١﴾

221. Ningabashadi abesimame ababhangqa abalingani no-Allah kuze kube bayakholwa; futhi owesimame okholwayo ungcono kunowesimame obhangqayo noma enganithathekisa; futhi ningaganiseli abesilisa abhangqa abalingani no-Allah kuze kube bayakholwa, futhi owesilisa okholwayo ungcono kunowesilisa obhangqayo noma enganithathekisa; labo [ababhangqayo] bamemela emlilweni, kepha u-Allah umemela e*Jana* nasentethelweni ngemvumo yaKhe; futhi uhlalusela abantu imibiko yaKhe ukuze bathathe isifundo.

1 Intandane ingane yomfana noma yentombazane engakathombi esishonelwe uyise, noma ingaba naye unina; nesiZulu siyasho ukuthi intandane enhle ngumakhothwa ngunina.

222. Futhi bayakubuza ngokuba kwabesifazane esikhathini, yithi: "Kuwukungcola, ngakho-ke ningahlangani nabesifazane [ngokocansi] uma besesikhathini kuze kube bayahlanzeka; uma sebehlanzekile, seningaya-ke kubo ngendlela u-Allah aniyalele ngayo; impela u-Allah uyabathanda labo abacela intethelelo nalabo abazihlanzayo.

وَيَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلْمَحِيضِ ۖ قُلْ هُوَ أَذًى فَٱعْتَزِلُوا۟ ٱلنِّسَآءَ فِى ٱلْمَحِيضِ وَلَا تَقْرَبُوهُنَّ حَتَّىٰ يَطْهُرْنَ ۖ فَإِذَا تَطَهَّرْنَ فَأْتُوهُنَّ مِنْ حَيْثُ أَمَرَكُمُ ٱللَّهُ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلتَّوَّٰبِينَ وَيُحِبُّ ٱلْمُتَطَهِّرِينَ ﴿٢٢٢﴾

223. Abafazi benu bangamasimu[1] enu, ngakho-ke ngenani emasimini enu ngendlela enifisa ngayo; futhi nizilungisele ikusasa [kokwenza okuhle]; futhi nesabe u-Allah futhi nihlale nazi ukuthi niyohlangana naYe; futhi yethula izindaba ezinhle kulabo abakholwayo.

نِسَآؤُكُمْ حَرْثٌ لَّكُمْ فَأْتُوا۟ حَرْثَكُمْ أَنَّىٰ شِئْتُمْ ۖ وَقَدِّمُوا۟ لِأَنفُسِكُمْ ۚ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّكُم مُّلَٰقُوهُ ۗ وَبَشِّرِ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٢٢٣﴾

224. Futhi ningenzi igama lika-Allah ezifungweni zenu njengesu lokugwema ukwenza okulungile nokuthobela u-Allah nokuphemba ukubuyisana phakathi kwabantu; futhi u-Allah Ungozwayo Owaziyo.

وَلَا تَجْعَلُوا۟ ٱللَّهَ عُرْضَةً لِّأَيْمَٰنِكُمْ أَن تَبَرُّوا۟ وَتَتَّقُوا۟ وَتُصْلِحُوا۟ بَيْنَ ٱلنَّاسِ ۚ وَٱللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٢٤﴾

1 Bayinsimu nje, yingoba abesilisa bafike batshale imbewu yabo kubo abesimame njengomlimi etshala imbewu ensimini yakhe, bese lembewu iyakhula ngaphakathi kwakhe owesimame kuthiwe ukhulelwe, kanjalo netshalwe ngumlimi ensimini iyakhula ikhulelele ensimini. Ngakho-ke akunankinga ukuthi ungene ngakuphi ensimini inqobo nje uma imbewu uyitshale endaweni efanele.

225. Angeke anijezise u-Allah ngalokho eningakuhlosile ngezifungo zenu; kodwa uzonijezisa kuphela ngalokho okuhloswe izinhliziyo zenu; futhi u-Allah Uyathethelela Unobubele.

لَّا يُؤَاخِذُكُمُ ٱللَّهُ بِٱللَّغْوِ فِىٓ أَيْمَـٰنِكُمْ وَلَـٰكِن يُؤَاخِذُكُم بِمَا كَسَبَتْ قُلُوبُكُمْ ۗ وَٱللَّهُ غَفُورٌ حَلِيمٌ ﴿٢٢٥﴾

226. Bavunyelwe ukuba balinde izinyanga ezine kuphela labo abaduba abafazi babo [ukuthatha isinqumo esingujuqu]; uma bebuyela [kubafazi babo], impela u-Allah Uyathethelela Unesihawu.

لِّلَّذِينَ يُؤْلُونَ مِن نِّسَآئِهِمْ تَرَبُّصُ أَرْبَعَةِ أَشْهُرٍ ۖ فَإِن فَآءُو فَإِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٢٢٦﴾

227. Uma bezimisele ngokuhlukanisa; impela u-Allah Ungozwayo Owaziyo.

وَإِنْ عَزَمُوا۟ ٱلطَّلَـٰقَ فَإِنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٢٧﴾

228. Labo abasebehlukene namadoda abo, kumele balinde [bengagani] baze baye esikhathini kathathu; futhi abavunyelwe ukufihla lokho u-Allah akudalile eziswini zabo [uma bezithwele] uma ngempela bekholelwa ku-Allah nasoSukwini lokugcina; futhi abayeni babo banelungelo lokubuyelana nabo kuleso simo uma nje behlose ukubuyisana; futhi nabo abesifazane kufanele bathwathwe ngendlela lena elindelekile kubo [ekuphatheni abayeni babo] ngesihle; kepha amadoda anezinga elithe ukuphakama kubo; futhi u-Allah unguSomandla Okhaliphile.

وَٱلْمُطَلَّقَـٰتُ يَتَرَبَّصْنَ بِأَنفُسِهِنَّ ثَلَـٰثَةَ قُرُوٓءٍ ۚ وَلَا يَحِلُّ لَهُنَّ أَن يَكْتُمْنَ مَا خَلَقَ ٱللَّهُ فِىٓ أَرْحَامِهِنَّ إِن كُنَّ يُؤْمِنَّ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْـَٔاخِرِ ۚ وَبُعُولَتُهُنَّ أَحَقُّ بِرَدِّهِنَّ فِى ذَٰلِكَ إِنْ أَرَادُوٓا۟ إِصْلَـٰحًا ۚ وَلَهُنَّ مِثْلُ ٱلَّذِى عَلَيْهِنَّ بِٱلْمَعْرُوفِ ۚ وَلِلرِّجَالِ عَلَيْهِنَّ دَرَجَةٌ ۗ وَٱللَّهُ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٢٢٨﴾

ٱلطَّلَٰقُ مَرَّتَانِۖ فَإِمۡسَاكُۢ بِمَعۡرُوفٍ أَوۡ تَسۡرِيحُۢ بِإِحۡسَٰنٖۗ وَلَا يَحِلُّ لَكُمۡ أَن تَأۡخُذُواْ مِمَّآ ءَاتَيۡتُمُوهُنَّ شَيۡـٔٗا إِلَّآ أَن يَخَافَآ أَلَّا يُقِيمَا حُدُودَ ٱللَّهِۖ فَإِنۡ خِفۡتُمۡ أَلَّا يُقِيمَا حُدُودَ ٱللَّهِ فَلَا جُنَاحَ عَلَيۡهِمَا فِيمَا ٱفۡتَدَتۡ بِهِۦۗ تِلۡكَ حُدُودُ ٱللَّهِ فَلَا تَعۡتَدُوهَاۚ وَمَن يَتَعَدَّ حُدُودَ ٱللَّهِ فَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ٢٢٩

229. Ukuhlukanisa kungamahlandla amabili; ngakho-ke buyelanani kahle noma nihlukane ngesihle; futhi anivunyelwe ukuthatha utho kulokho enabanika kona [mhla nilobola], ngaphandle uma bobabili [abashadile] besaba ukuthi angeke bakwazi ukugcina imithetho ka-Allah; uma-ke nani nesaba ukuthi angeke bakwazi ukugcina imithetho ka-Allah, bobabili abanacala ngalokho owesimame akukhokhayo ukuzikhulula [emshadweni]; leyo imithetho ka-Allah ningalinge niyiphule; futhi labo abaphula imithetho ka-Allah bangabaphambukile.

فَإِن طَلَّقَهَا فَلَا تَحِلُّ لَهُۥ مِنۢ بَعۡدُ حَتَّىٰ تَنكِحَ زَوۡجًا غَيۡرَهُۥۗ فَإِن طَلَّقَهَا فَلَا جُنَاحَ عَلَيۡهِمَآ أَن يَتَرَاجَعَآ إِن ظَنَّآ أَن يُقِيمَا حُدُودَ ٱللَّهِۗ وَتِلۡكَ حُدُودُ ٱللَّهِ يُبَيِّنُهَا لِقَوۡمٖ يَعۡلَمُونَ ٢٣٠

230. Uma indoda isihlukanisile [okwesithathu] nomkayo ayivunyelwe ukubuyelana naye kuze kube ugana enye indoda; futhi uma isihlukanisile nomkayo abanacala [emuva kokuba esegane enye indoda bahlukana] uma bebuyelana inqobo nje uma benesiqinisekiso sokuthi bayokhona ukungcina imithetho ka-Allah; leyo imithetho ka-Allah uyicacisela abantu abanolwazi.

231. Uma senihlukanisile nabafazi kwaze kwafika lapho sebezophothula isikhathi sabo [sokulinda], buyelanani nabo kahle noma nibakhulule kahle; futhi ningabuyelani nabo ngenhloso yokubahlukumeza funa niphule umthetho; futhi lowo owenza lokho, impela ungophambukile; futhi ningenzi inhlekisa ngemibiko ka-Allah; futhi nikhumbule izibusiso zika-Allah kini kanye neNcwadi nomhlahlandlela akwembulela kini ukuze aniluleke ngakho; thobelani-ke u-Allah futhi nihlale nazi ukuthi u-Allah wazi zonke izinto.

وَإِذَا طَلَّقْتُمُ ٱلنِّسَآءَ فَبَلَغْنَ أَجَلَهُنَّ فَأَمْسِكُوهُنَّ بِمَعْرُوفٍ أَوْ سَرِّحُوهُنَّ بِمَعْرُوفٍ ۚ وَلَا تُمْسِكُوهُنَّ ضِرَارًا لِّتَعْتَدُوا۟ ۚ وَمَن يَفْعَلْ ذَٰلِكَ فَقَدْ ظَلَمَ نَفْسَهُۥ ۚ وَلَا تَتَّخِذُوٓا۟ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ هُزُوًا ۚ وَٱذْكُرُوا۟ نِعْمَتَ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ وَمَآ أَنزَلَ عَلَيْكُم مِّنَ ٱلْكِتَٰبِ وَٱلْحِكْمَةِ يَعِظُكُم بِهِۦ ۚ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿٢٣١﴾

232. Uma senihlukanisile nabafazi baze baphothula isikhathi sabo [sokulinda], ningabavimbeli [nina banakekeli babo] ukuba bashade [kabusha]nabayeni babo uma sebevumelene kahle phakathi kwabo ningabanqandi ekuganeni abayeni babo [abekade behlukanise nabo]; lokho kwelulekwa ngakho lowo okholelwa ku-Allah nasoSukwini lokuGcina; lokho yikona okumsulwa nokuhlanzekile kini, ngokuba u-Allah uyazi kepha nina anazi.

وَإِذَا طَلَّقْتُمُ ٱلنِّسَآءَ فَبَلَغْنَ أَجَلَهُنَّ فَلَا تَعْضُلُوهُنَّ أَن يَنكِحْنَ أَزْوَٰجَهُنَّ إِذَا تَرَٰضَوْا۟ بَيْنَهُم بِٱلْمَعْرُوفِ ۗ ذَٰلِكَ يُوعَظُ بِهِۦ مَن كَانَ مِنكُمْ يُؤْمِنُ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ ۗ ذَٰلِكُمْ أَزْكَىٰ لَكُمْ وَأَطْهَرُ ۚ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ وَأَنتُمْ لَا تَعْلَمُونَ ﴿٢٣٢﴾

233. Omame bangancelisa izingane zabo iminyaka emibili ephelele uma befuna ukuncelisa ngokugcwele; futhi uyise wengane kumele abondle futhi abahlinzeke ngezimpahla zokugqoka ngokwamkelekile [onina bezingane zabo abahlukanisile besancelisa]; umuntu akathweswa okungaphezu kwamandla akhe; unina wengane makangahlukunyezwa ngengane yakhe kanjalo noyise wengane makangahlukunyenzwa ngengane yakhe[1]; futhi nendlalifa [uma seyikhulile] kumele yenze okufanayo [obekwenziwa uyise ekunakekeleni unina]; kepha uma bobabili [abazali] befuna ngokuvumelana nango kubonisana ukukhipha ingane ebeleni, abanacala; futhi uma nifuna ukuba izingane zenu zinceliswe ngabanye [ngaphandle konina] aninacala inqobo nje uma nikhokha lokho enikukhokhayo ngokwamkelekile; futhi thobelani u-Allah futhi nazi ukuthi ukubona konke enikwenzayo.

* وَٱلْوَٰلِدَٰتُ يُرْضِعْنَ أَوْلَٰدَهُنَّ حَوْلَيْنِ كَامِلَيْنِ ۖ لِمَنْ أَرَادَ أَن يُتِمَّ ٱلرَّضَاعَةَ ۚ وَعَلَى ٱلْمَوْلُودِ لَهُۥ رِزْقُهُنَّ وَكِسْوَتُهُنَّ بِٱلْمَعْرُوفِ ۚ لَا تُكَلَّفُ نَفْسٌ إِلَّا وُسْعَهَا ۚ لَا تُضَآرَّ وَٰلِدَةٌۢ بِوَلَدِهَا وَلَا مَوْلُودٌ لَّهُۥ بِوَلَدِهِۦ ۚ وَعَلَى ٱلْوَارِثِ مِثْلُ ذَٰلِكَ ۗ فَإِنْ أَرَادَا فِصَالًا عَن تَرَاضٍ مِّنْهُمَا وَتَشَاوُرٍ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْهِمَا ۗ وَإِنْ أَرَدتُّمْ أَن تَسْتَرْضِعُوٓا۟ أَوْلَٰدَكُمْ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ إِذَا سَلَّمْتُم مَّآ ءَاتَيْتُم بِٱلْمَعْرُوفِ ۗ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٢٣٣﴾

1 Kuwumkhuba ondlangile lapho indoda ihlukanise nomnkayo benezingane, izingane ziphenduka izikhali abazisebenzisa ukuzwisana ubuhlungu. Ikakhulu uma umshado uphele ngengxabano.

234. Labo kini abashonayo bashiye abafazi, kumele [abafazi] balinde (bazile) izinyanga ezine nezinsuku eziyishumi; uma sebesiphothulile isikhathi sabo [sokulinda], aniyukuthweswa cala [nina banakekeli babo] ngalokho okwamkelekile abekwenzayo; futhi u-Allah ukwazi konke enikwenzayo.

وَٱلَّذِينَ يُتَوَفَّوْنَ مِنكُمْ وَيَذَرُونَ أَزْوَٰجًا يَتَرَبَّصْنَ بِأَنفُسِهِنَّ أَرْبَعَةَ أَشْهُرٍ وَعَشْرًا ۖ فَإِذَا بَلَغْنَ أَجَلَهُنَّ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ فِيمَا فَعَلْنَ فِىٓ أَنفُسِهِنَّ بِٱلْمَعْرُوفِ ۗ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرٌ ﴿٢٣٤﴾

235. Aninacala kulokho enigigiyela ngakho ekuceleni umshado kwabesimame [abangesenabo abayeni] noma nikugcine ezinhlizweni zenu; u-Allah ubazi ukuthi niyokhuluma ngabo, kodwa ningabonani nabo ngasese kuphela nje ningakhuluma okwamkelekile; futhi ningenzi izibophezelo zefindo lomshado kuze kube siyaphela isikhathi esinqunyelwe [sokulinda]; futhi yazini ukuthi u-Allah ukwazi konke okungaphakathi kini, ngakho-ke msabeni; futhi yazini ukuthi u-Allah Uyathethelela Unobubele.

وَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ فِيمَا عَرَّضْتُم بِهِۦ مِنْ خِطْبَةِ ٱلنِّسَآءِ أَوْ أَكْنَنتُمْ فِىٓ أَنفُسِكُمْ ۚ عَلِمَ ٱللَّهُ أَنَّكُمْ سَتَذْكُرُونَهُنَّ وَلَٰكِن لَّا تُوَاعِدُوهُنَّ سِرًّا إِلَّآ أَن تَقُولُوا۟ قَوْلًا مَّعْرُوفًا ۚ وَلَا تَعْزِمُوا۟ عُقْدَةَ ٱلنِّكَاحِ حَتَّىٰ يَبْلُغَ ٱلْكِتَٰبُ أَجَلَهُۥ ۚ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ مَا فِىٓ أَنفُسِكُمْ فَٱحْذَرُوهُ ۚ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ حَلِيمٌ ﴿٢٣٥﴾

236. Aninacala uma nihlukanisa nabafazi eningakabathinti [ngokocansi] neningakabanqumeli ilobolo labo; baxoshiseni ngalokho okwamkelekile, ocebile ngokusemandleni akhe nompofu naye ngokusemandleni akhe, [lokhu] kuphoqelekile kwabenza okulungileyo.

لَّا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ إِن طَلَّقْتُمُ ٱلنِّسَآءَ مَا لَمْ تَمَسُّوهُنَّ أَوْ تَفْرِضُوا۟ لَهُنَّ فَرِيضَةً ۚ وَمَتِّعُوهُنَّ عَلَى ٱلْمُوسِعِ قَدَرُهُۥ وَعَلَى ٱلْمُقْتِرِ قَدَرُهُۥ مَتَٰعًۢا بِٱلْمَعْرُوفِ ۖ حَقًّا عَلَى ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٢٣٦﴾

237. Futhi uma nihlukanisa nabo ningakabathinti [ngokocansi] kodwa senibanqumele ilobolo labo; banikeni-ke isigamu salokho ebesenikunqumile, ngaphandle-ke uma [abesifazane] bengenankinga noma lowo ifindo lomshado lisesandleni sakhe engenankinga [bangalithathi ilobolo]; kanti-ke ukwendlulisa [ngokungalithathi ilobolo] yikona okuzonisondeza ekuthobeleni u-Allah; futhi ningakhohlwa ukuba nesihe phakathi kwenu; impela u-Allah ukubona konke enikwenzayo.

وَإِن طَلَّقْتُمُوهُنَّ مِن قَبْلِ أَن تَمَسُّوهُنَّ وَقَدْ فَرَضْتُمْ لَهُنَّ فَرِيضَةً فَنِصْفُ مَا فَرَضْتُمْ إِلَّآ أَن يَعْفُونَ أَوْ يَعْفُوَا۟ ٱلَّذِى بِيَدِهِۦ عُقْدَةُ ٱلنِّكَاحِ ۚ وَأَن تَعْفُوٓا۟ أَقْرَبُ لِلتَّقْوَىٰ ۚ وَلَا تَنسَوُا۟ ٱلْفَضْلَ بَيْنَكُمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٢٣٧﴾

238. Qikelelani ukwenza wonke *amaSwala* [ngesikhathi], ikakhulu lena emaphakathi; futhi nime ngesizotha ngaphambi kuka-Allah.

حَٰفِظُوا۟ عَلَى ٱلصَّلَوَٰتِ وَٱلصَّلَوٰةِ ٱلْوُسْطَىٰ وَقُومُوا۟ لِلَّهِ قَٰنِتِينَ ﴿٢٣٨﴾

239. Uma nesaba [ingozi lapho nenza iSwala], yenzeni nihamba noma nigibele; kepha uma seniphephile, mkhumbuleni-ke u-Allah njengoba anifundisa lokho ebikade ningakwazi.

فَإِنْ خِفْتُمْ فَرِجَالًا أَوْ رُكْبَانًا ۖ فَإِذَآ أَمِنتُمْ فَٱذْكُرُوا۟ ٱللَّهَ كَمَا عَلَّمَكُم مَّا لَمْ تَكُونُوا۟ تَعْلَمُونَ ﴿٢٣٩﴾

240. Labo kini abashonayo bashiye abafelokazi, mabashiye isiyalelofa sesondlo sonyaka owodwa kubafelokazi babo bengakhishwa [lapho abahlala khona]; kepha uma beziphumela [ungakapheli unyaka]

وَٱلَّذِينَ يُتَوَفَّوْنَ مِنكُمْ وَيَذَرُونَ أَزْوَٰجًا وَصِيَّةً لِّأَزْوَٰجِهِم مَّتَٰعًا إِلَى ٱلْحَوْلِ غَيْرَ إِخْرَاجٍ ۚ فَإِنْ خَرَجْنَ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ فِى مَا فَعَلْنَ فِىٓ أَنفُسِهِنَّ مِن مَّعْرُوفٍ ۗ وَٱللَّهُ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٢٤٠﴾

aninacala [nina banakekeli babo] ngalokho abakwenzayo okwamkelekile; futhi u-Allah unguSomandla Okhaliphile.

241. Futhi labo abahlukanisile namadoda abo kumele baxoshiswe ngalokho okwamkelekile; lokhu kuphoqelekile kulabo abamthobelayo u-Allah.

وَلِلْمُطَلَّقَٰتِ مَتَٰعٌۢ بِٱلْمَعْرُوفِ ۖ حَقًّا عَلَى ٱلْمُتَّقِينَ ﴿٢٤١﴾

242. U-Allah unicacisela kanjalo imibiko yaKhe ukuze niqonde.

كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمْ ءَايَٰتِهِۦ لَعَلَّكُمْ تَعْقِلُونَ ﴿٢٤٢﴾

243. Awubabonanga labo abaphuma emizini yabo beyizinkulungwane bebalekela ukufa, u-Allah wathi kubo: "Yifani", wabe esebavusa; impela u-Allah unomusa kubantu, kodwa iningi labantu alibongi.

*أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ خَرَجُوا۟ مِن دِيَٰرِهِمْ وَهُمْ أُلُوفٌ حَذَرَ ٱلْمَوْتِ فَقَالَ لَهُمُ ٱللَّهُ مُوتُوا۟ ثُمَّ أَحْيَٰهُمْ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَذُو فَضْلٍ عَلَى ٱلنَّاسِ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَشْكُرُونَ ﴿٢٤٣﴾

244. Yilwani endleni ka-Allah futhi yazini ukuthi impela u-Allah Ungozwayo Owaziyo.

وَقَٰتِلُوا۟ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٤٤﴾

245. Ubani ozoboleka[1] u-Allah imboleko enhle ukuze amphindaphindele yona kaningi; futhi u-Allah nguYena othathayo nophanayo futhi niyobuyela kuYe.

مَّن ذَا ٱلَّذِى يُقْرِضُ ٱللَّهَ قَرْضًا حَسَنًا فَيُضَٰعِفَهُۥ لَهُۥٓ أَضْعَافًا كَثِيرَةً ۚ وَٱللَّهُ يَقْبِضُ وَيَبْصُۜطُ ۖ وَإِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٢٤٥﴾

1 Ukuboleka u-Allah kusho ukunikela nangabe ngani ekuthuthukiseni nasekuqhakambiseni intando ka-Allah nendlela yaKhe emhlabeni.

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلْمَلَإِ مِنۢ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ مِنۢ
بَعْدِ مُوسَىٰٓ إِذْ قَالُوا۟ لِنَبِىٍّ لَّهُمُ ٱبْعَثْ
لَنَا مَلِكًا نُّقَٰتِلْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ۖ قَالَ هَلْ
عَسَيْتُمْ إِن كُتِبَ عَلَيْكُمُ ٱلْقِتَالُ أَلَّا
تُقَٰتِلُوا۟ ۖ قَالُوا۟ وَمَا لَنَآ أَلَّا نُقَٰتِلَ فِى سَبِيلِ
ٱللَّهِ وَقَدْ أُخْرِجْنَا مِن دِيَٰرِنَا وَأَبْنَآئِنَا ۖ
فَلَمَّا كُتِبَ عَلَيْهِمُ ٱلْقِتَالُ تَوَلَّوْا۟ إِلَّا
قَلِيلًا مِّنْهُمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٢٤٦﴾

246. Awuzibonangayini izikhulu zesizwe sakwa *Isirayeli* emuva kwesikhathi sikaMusalapho zithi kuMembulelwa wabo: "Siqokele inkosi ukuze silwe endleleni ka-Allah"; wathi [kubo]: "Kungenzeka yini uma seniyalelwe ukuba nilwe bese ningalwi?"; bathi: "Singavinjwa yini ukuba singalwi sibe sesixoshwe nasemizini yethu nasezinganeni zethu"; kepha kwathi lapho sebeyalelwe ukuba balwe babaleka, ngaphandle kwedlanzana kubo; futhi u-Allah ubazi kahle abaphambukile.

وَقَالَ لَهُمْ نَبِيُّهُمْ إِنَّ ٱللَّهَ قَدْ بَعَثَ
لَكُمْ طَالُوتَ مَلِكًا ۚ قَالُوٓا۟ أَنَّىٰ يَكُونُ لَهُ
ٱلْمُلْكُ عَلَيْنَا وَنَحْنُ أَحَقُّ بِٱلْمُلْكِ مِنْهُ
وَلَمْ يُؤْتَ سَعَةً مِّنَ ٱلْمَالِ ۚ قَالَ إِنَّ ٱللَّهَ
ٱصْطَفَىٰهُ عَلَيْكُمْ وَزَادَهُۥ بَسْطَةً فِى
ٱلْعِلْمِ وَٱلْجِسْمِ ۖ وَٱللَّهُ يُؤْتِى مُلْكَهُۥ مَن
يَشَآءُ ۚ وَٱللَّهُ وَٰسِعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٤٧﴾

247. UMembulelwa wabo wathi kubo: "Impela u-Allah uniqokele *uTwaluti* ukuba abe inkosi yenu"; bathi: "Angasibusa kanjani, kube kuyithina esifanele ukubusa kunaye futhi akanjingile"; wathi: "Impela u-Allah uqoke yena kunani futhi wamengezela ulwazi nomzimba [oqatha]"; futhi u-Allah upha ubukhosi baKhe lowo amthandayo; futhi u-Allah Ungophanayo Owaziyo.

وَقَالَ لَهُمْ نَبِيُّهُمْ إِنَّ ءَايَةَ مُلْكِهِۦٓ أَن
يَأْتِيَكُمُ ٱلتَّابُوتُ فِيهِ سَكِينَةٌ مِّن
رَّبِّكُمْ وَبَقِيَّةٌ مِّمَّا تَرَكَ ءَالُ مُوسَىٰ
وَءَالُ هَٰرُونَ تَحْمِلُهُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ ۚ إِنَّ فِى
ذَٰلِكَ لَءَايَةً لَّكُمْ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٢٤٨﴾

248. Futhi uMembulelwa wabo wathi kubo: "Impela uphawu lobukhosi bakhe ukuthi kufike kini ibhokisi elinokuthula livela eNkosini yenu futhi liyobe liqukethe izinsalela zalokho

okwashiywa umndeni kaMusa nomndeni kaHaruna lilethwa yizingelosi; impela kulokho kunophawu lwenu uma ningabakholwayo.

فَلَمَّا فَصَلَ طَالُوتُ بِٱلْجُنُودِ قَالَ إِنَّ ٱللَّهَ مُبْتَلِيكُم بِنَهَرٍ فَمَن شَرِبَ مِنْهُ فَلَيْسَ مِنِّي وَمَن لَّمْ يَطْعَمْهُ فَإِنَّهُۥ مِنِّيٓ إِلَّا مَنِ ٱغْتَرَفَ غُرْفَةًۢ بِيَدِهِۦ فَشَرِبُوا۟ مِنْهُ إِلَّا قَلِيلًا مِّنْهُمْ فَلَمَّا جَاوَزَهُۥ هُوَ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ مَعَهُۥ قَالُوا۟ لَا طَاقَةَ لَنَا ٱلْيَوْمَ بِجَالُوتَ وَجُنُودِهِۦ ۚ قَالَ ٱلَّذِينَ يَظُنُّونَ أَنَّهُم مُّلَٰقُوا۟ ٱللَّهِ كَم مِّن فِئَةٍ قَلِيلَةٍ غَلَبَتْ فِئَةً كَثِيرَةًۢ بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۗ وَٱللَّهُ مَعَ ٱلصَّٰبِرِينَ ﴿٢٤٩﴾

249. Kwathi lapho *uTwaluti* esephuma namabutho, wathi: "U-Allah uzonivivinya ngomfula, oyophuza kuwo akekho nami futhi lowo ongeke awunambithe – ngaphandle kwalowo akukhe ngesandla – yena unami; kepha baphuza kuwo ngaphandle nje kwedlanzana labo; kuthe lapho sebewelile yena nalabo abakholwayokanye naye, bathi: "Asinawo amandla okubhekana *noJaluta* namabutho akhe"; kepha labo ababenesiqiseko sokuthi bayohlangana no-Allah bathi: "Kukaningi iqembu elincane linqoba iqembu elikhulu, ngemvumo ka-Allah; futhi u-Allah ukunalabo ababekezelelayo".

وَلَمَّا بَرَزُوا۟ لِجَالُوتَ وَجُنُودِهِۦ قَالُوا۟ رَبَّنَآ أَفْرِغْ عَلَيْنَا صَبْرًا وَثَبِّتْ أَقْدَامَنَا وَٱنصُرْنَا عَلَى ٱلْقَوْمِ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٢٥٠﴾

250. Kuthe lapho sebebhekene *noJaluta* namabutho akhe, bathi: "Nkosi yethu siphe amandla okubekezela usiqinise idolo futhi usilekelele sinqobe abantu abangakholwa.

فَهَزَمُوهُم بِإِذۡنِ ٱللَّهِ وَقَتَلَ دَاوُۥدُ جَالُوتَ
وَءَاتَىٰهُ ٱللَّهُ ٱلۡمُلۡكَ وَٱلۡحِكۡمَةَ وَعَلَّمَهُۥ
مِمَّا يَشَآءُۗ وَلَوۡلَا دَفۡعُ ٱللَّهِ ٱلنَّاسَ بَعۡضَهُم
بِبَعۡضٖ لَّفَسَدَتِ ٱلۡأَرۡضُ وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ
ذُو فَضۡلٍ عَلَى ٱلۡعَٰلَمِينَ ﴿٢٥١﴾

251. Babanqoba ngemvumo ka-Allah, *uDawudi* wabulala *uJaluta*, u-Allah wamupha ubukhosi nokukhalipha futhi wamfundisa lokho akuthandayo; futhi ukube u-Allah akakubekanga ukuthi abantu bazivikele kwabanye ngabanye, umhlaba ubuyokonakala; kodwa u-Allah unomusa kwindalo yonke.

تِلۡكَ ءَايَٰتُ ٱللَّهِ نَتۡلُوهَا عَلَيۡكَ بِٱلۡحَقِّۚ
وَإِنَّكَ لَمِنَ ٱلۡمُرۡسَلِينَ ﴿٢٥٢﴾

252. Leyo imibiko ka-Allah sikulandisa ngayo [wena Muhamadi] ngeqiniso; futhi impela wena ungomunye weZithunywa.

*تِلۡكَ ٱلرُّسُلُ فَضَّلۡنَا بَعۡضَهُمۡ عَلَىٰ بَعۡضٖۘ
مِّنۡهُم مَّن كَلَّمَ ٱللَّهُۖ وَرَفَعَ بَعۡضَهُمۡ دَرَجَٰتٖۚ
وَءَاتَيۡنَا عِيسَى ٱبۡنَ مَرۡيَمَ ٱلۡبَيِّنَٰتِ وَأَيَّدۡنَٰهُ
بِرُوحِ ٱلۡقُدُسِۗ وَلَوۡ شَآءَ ٱللَّهُ مَا ٱقۡتَتَلَ
ٱلَّذِينَ مِنۢ بَعۡدِهِم مِّنۢ بَعۡدِ مَا جَآءَتۡهُمُ
ٱلۡبَيِّنَٰتُ وَلَٰكِنِ ٱخۡتَلَفُواْ فَمِنۡهُم مَّنۡ
ءَامَنَ وَمِنۡهُم مَّن كَفَرَۚ وَلَوۡ شَآءَ ٱللَّهُ مَا
ٱقۡتَتَلُواْ وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ يَفۡعَلُ مَا يُرِيدُ ﴿٢٥٣﴾

253. Lezo iZithunywa, ezinye sizibusisile ukundlula ezinye, kuzo kunalezo u-Allah akhuluma nazo mathupha futhi waphakamisa izinga lezinye; futhi sahlinzeka u-Isa indodana kaMariyamu ngobufakazi saphinde samsekela ngo*Ruhulikudusi* (uJibhirili); ukube u-Allah ubefuna, labo abeza emuva kwazo ngabe abaphikisananga emuva kokuba sebethole ubufakazi; kepha baphikisana, kunalabo kubo abakholwa kwathi abanye bona bangakholwa; futhi ukube u-Allah ubefuna ngabe abaphikisananga, kepha u-Allah wenza akufunayo.

254. Nina enikholwayo, anibophana kulokho esinabele kona ngaphambi kokuba kufike usuku lapho okungezikuba khona hwebo noma ubungani noma ushwele; futhi abangakholwa bangaba phambukile.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ أَنفِقُواْ مِمَّا رَزَقۡنَٰكُم مِّن قَبۡلِ أَن يَأۡتِيَ يَوۡمٞ لَّا بَيۡعٞ فِيهِ وَلَا خُلَّةٞ وَلَا شَفَٰعَةٞۗ وَٱلۡكَٰفِرُونَ هُمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ٢٥٤

255. U-Allah, akukho okufanele kukhonzwe ngaphandle kwaKhe, Ungophilayo OnguMnakekeli; akazeli futhi akalali; konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe; ngubani nje oyoshweleza ngaphambi kwaKhe ngaphandle kwemvumo yaKhe na; wazi konke okuphambi kwabo manje [emhlabeni] nokubalandelayo [kweLizayo], futhi abasoze baqonda lutho ngolwazi lwaKhe ngaphandle kwalokho akuvumelayo. isiGqiki saKhe sengamele amazulu nomhlaba futhi akumkhathazi ukuwaqapha, ngokuba uPhakeme Mkhulu.

ٱللَّهُ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ٱلۡحَيُّ ٱلۡقَيُّومُۚ لَا تَأۡخُذُهُۥ سِنَةٞ وَلَا نَوۡمٞۚ لَّهُۥ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۗ مَن ذَا ٱلَّذِي يَشۡفَعُ عِندَهُۥٓ إِلَّا بِإِذۡنِهِۦۚ يَعۡلَمُ مَا بَيۡنَ أَيۡدِيهِمۡ وَمَا خَلۡفَهُمۡۖ وَلَا يُحِيطُونَ بِشَيۡءٖ مِّنۡ عِلۡمِهِۦٓ إِلَّا بِمَا شَآءَۚ وَسِعَ كُرۡسِيُّهُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَۖ وَلَا يَـُٔودُهُۥ حِفۡظُهُمَاۚ وَهُوَ ٱلۡعَلِيُّ ٱلۡعَظِيمُ ٢٥٥

256. Akunampoqo okholweni, ngokuba iqiniso lisobala kunamanga. Lowo ongakholelwa ku*Twaguti* kepha akholwe ku Allah, ubambelele ensinkeni eqinile engasoze yephuka. Futhi Uzwa konke Wazi konke.

لَآ إِكۡرَاهَ فِي ٱلدِّينِۖ قَد تَّبَيَّنَ ٱلرُّشۡدُ مِنَ ٱلۡغَيِّۚ فَمَن يَكۡفُرۡ بِٱلطَّٰغُوتِ وَيُؤۡمِنۢ بِٱللَّهِ فَقَدِ ٱسۡتَمۡسَكَ بِٱلۡعُرۡوَةِ ٱلۡوُثۡقَىٰ لَا ٱنفِصَامَ لَهَاۗ وَٱللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ٢٥٦

ٱللَّهُ وَلِيُّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ يُخْرِجُهُم مِّنَ ٱلظُّلُمَٰتِ إِلَى ٱلنُّورِ ۖ وَٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ أَوْلِيَآؤُهُمُ ٱلطَّٰغُوتُ يُخْرِجُونَهُم مِّنَ ٱلنُّورِ إِلَى ٱلظُّلُمَٰتِ ۗ أُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٢٥٧﴾

257. U Allah ungumngani walabo abakholwayo, ubakhiphe ebumnyameni wabafaka ekukhanyeni kepha labo abangakholwa abangani babo *oTwaguti* babakhipha ekukhanyeni babafake ebumnyameni. Laboke bayobhadla eMlilweni bahlale kuwo unaphakade.

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِى حَآجَّ إِبْرَٰهِۦمَ فِى رَبِّهِۦٓ أَنْ ءَاتَىٰهُ ٱللَّهُ ٱلْمُلْكَ إِذْ قَالَ إِبْرَٰهِۦمُ رَبِّىَ ٱلَّذِى يُحْىِۦ وَيُمِيتُ قَالَ أَنَا۠ أُحْىِۦ وَأُمِيتُ ۖ قَالَ إِبْرَٰهِۦمُ فَإِنَّ ٱللَّهَ يَأْتِى بِٱلشَّمْسِ مِنَ ٱلْمَشْرِقِ فَأْتِ بِهَا مِنَ ٱلْمَغْرِبِ فَبُهِتَ ٱلَّذِى كَفَرَ ۗ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٢٥٨﴾

258. Awumbonanga [we Muhamadi] lowo owayephikisana no Ibhirahimu ngeNkosi yakhe, emuva kokuba u Allah emnike ubukhosi. Lapho ethi u Ibhirahimu kuye: "Inkosi yami ipha impilo futhi iyona eletha ukufa." Wathi: "Nami ngipha impilo futhi ngilethe nokufa" Wabe esethi u Ibhirahimu: "U Allah ukhipha ilanga empumalanga, wenake likhiphe entshonalanga." Lowo ongakholwa waswela amazwi ngokuba u Allah akabakhanyiseli labo abaphambukile.

أَوْ كَٱلَّذِى مَرَّ عَلَىٰ قَرْيَةٍ وَهِىَ خَاوِيَةٌ عَلَىٰ عُرُوشِهَا قَالَ أَنَّىٰ يُحْىِۦ هَٰذِهِ ٱللَّهُ بَعْدَ مَوْتِهَا ۖ فَأَمَاتَهُ ٱللَّهُ مِاْئَةَ عَامٍ ثُمَّ بَعَثَهُۥ ۖ قَالَ كَمْ لَبِثْتَ ۖ قَالَ لَبِثْتُ يَوْمًا أَوْ بَعْضَ يَوْمٍ ۖ

259. Noma [awumbonanga] lona owandlula emzini owawubhujisiwe, wathi: "Ingabe uyovusa kanjani u Allah ngemuva kokubhujiswa kwawo na?" U Allah wamenza wafa iminyaka eyikhulu, wabe

esemvusa, [u Allah wambuza] Wathi; "Uhlale isikhathi esingakanani [lapha] na?" [waphendula] wathi: "Usuku noma ingxenye yalo" Wathi: "Eqinisweni uhlale iminyaka eyikhulu, bheka ukudla kwakho nophuzo lwakho akonakele, bheka futhi imbongolo yakho, futhi Sizokwenza isibonakaliso kubantu. Bheka amathambo [embongolo] ukuthi sizowahlanganisa kanjani bese siwembathisa inyama." Kwathi lapho sekumcacele wathi: "Sengiyazi ukuthi u Allah unamandla phezu kwezinto zonke."

قَالَ بَل لَّبِثْتَ مِاْئَةَ عَامٍ فَٱنظُرْ إِلَىٰ طَعَامِكَ وَشَرَابِكَ لَمْ يَتَسَنَّهْ ۖ وَٱنظُرْ إِلَىٰ حِمَارِكَ وَلِنَجْعَلَكَ ءَايَةً لِّلنَّاسِ ۖ وَٱنظُرْ إِلَى ٱلْعِظَامِ كَيْفَ نُنشِزُهَا ثُمَّ نَكْسُوهَا لَحْمًا ۚ فَلَمَّا تَبَيَّنَ لَهُۥ قَالَ أَعْلَمُ أَنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢٥٩﴾

260. Khumbula mhla u *Ibhirahimu* ethi: "Nkosi yami ngibonise ukuthi abafileyo ubavusa kanjani." Wathi: "Awukholwa na?" Waphendula wathi: "Ngiyakholwa impela, ukuthi nje ngifuna ukudelisa inhliziyo yami" Wathi: "Fuya izinyoni ezine zize zikujwayele [bese uyazinquma] uthathe izicu zayo uzusabalalise ezintabeni, bese uyazibiza [ngamagama azo] ziyoza zigijima kuwe; wazi ukuthi u Allah unguSomandla Okhaliphile".

وَإِذْ قَالَ إِبْرَٰهِـۧمُ رَبِّ أَرِنِى كَيْفَ تُحْىِ ٱلْمَوْتَىٰ ۖ قَالَ أَوَلَمْ تُؤْمِن ۖ قَالَ بَلَىٰ وَلَٰكِن لِّيَطْمَئِنَّ قَلْبِى ۖ قَالَ فَخُذْ أَرْبَعَةً مِّنَ ٱلطَّيْرِ فَصُرْهُنَّ إِلَيْكَ ثُمَّ ٱجْعَلْ عَلَىٰ كُلِّ جَبَلٍ مِّنْهُنَّ جُزْءًا ثُمَّ ٱدْعُهُنَّ يَأْتِينَكَ سَعْيًا ۚ وَٱعْلَمْ أَنَّ ٱللَّهَ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٢٦٠﴾

مَّثَلُ ٱلَّذِينَ يُنفِقُونَ أَمۡوَٰلَهُمۡ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ كَمَثَلِ حَبَّةٍ أَنۢبَتَتۡ سَبۡعَ سَنَابِلَ فِي كُلِّ سُنۢبُلَةٖ مِّاْئَةُ حَبَّةٖۗ وَٱللَّهُ يُضَٰعِفُ لِمَن يَشَآءُۚ وَٱللَّهُ وَٰسِعٌ عَلِيمٌ ٢٦١

261. Labo abanikela ngengcebo yabo endleleni ka Allah, bafaniswa, nohlamvu [olutshaliwe] olumila lukhiphe izikwebu eziyikhombisa, isikwebu ngasinye sinenhlavu eziyikhulu; u Allah wandisela lowo amthandayo, futhi u Allah Unakekela konke Wazi konke.

ٱلَّذِينَ يُنفِقُونَ أَمۡوَٰلَهُمۡ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ ثُمَّ لَا يُتۡبِعُونَ مَآ أَنفَقُواْ مَنّٗا وَلَآ أَذٗى لَّهُمۡ أَجۡرُهُمۡ عِندَ رَبِّهِمۡ وَلَا خَوۡفٌ عَلَيۡهِمۡ وَلَا هُمۡ يَحۡزَنُونَ ٢٦٢

262. Labo abanikela ngengcebo yabo endleni ka Allah, bengalandelisi iminikelo yabo ngokushwabula nokuhlambalaza; bayothola umvuzo wabo eNkosini yabo, bengenakusaba futhi benganasizi.

*قَوۡلٞ مَّعۡرُوفٞ وَمَغۡفِرَةٌ خَيۡرٞ مِّن صَدَقَةٖ يَتۡبَعُهَآ أَذٗىۗ وَٱللَّهُ غَنِيٌّ حَلِيمٞ ٢٦٣

263. Amazwi amahle nentethelelo, angcono kunomnikelo olandelwa ukuhlambalaza. Futhi u Allah Akadingi lutho, Unobubele.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تُبۡطِلُواْ صَدَقَٰتِكُم بِٱلۡمَنِّ وَٱلۡأَذَىٰ كَٱلَّذِي يُنفِقُ مَالَهُۥ رِئَآءَ ٱلنَّاسِ وَلَا يُؤۡمِنُ بِٱللَّهِ وَٱلۡيَوۡمِ ٱلۡأٓخِرِۖ فَمَثَلُهُۥ كَمَثَلِ صَفۡوَانٍ عَلَيۡهِ تُرَابٞ فَأَصَابَهُۥ وَابِلٞ فَتَرَكَهُۥ صَلۡدٗاۖ لَّا يَقۡدِرُونَ عَلَىٰ شَيۡءٖ مِّمَّا كَسَبُواْۗ وَٱللَّهُ لَا يَهۡدِي ٱلۡقَوۡمَ ٱلۡكَٰفِرِينَ ٢٦٤

264. Nina enikholwayo, ningashabalalisi iminikelo yenu ngokushwabula nangokuhlambalaza, njengalowo onikela ngengcebo yakhe ukuziqhakambisa ebantwini futhi engakholwa ku Allah naso Sukwini lokuGcina; ufaniswa nedwala elishelelayo elinothuli, lapho kufika imvula ligezeka lingabi nalutho, [kanjalo] abayikuthola lutho [kwelizayo] ngabakwenze [emhlabeni], futhi u Allah akaholi abantu abangakholwa.

وَمَثَلُ ٱلَّذِينَ يُنفِقُونَ أَمۡوَٰلَهُمُ ٱبۡتِغَآءَ مَرۡضَاتِ ٱللَّهِ وَتَثۡبِيتٗا مِّنۡ أَنفُسِهِمۡ كَمَثَلِ جَنَّةِۭ بِرَبۡوَةٍ أَصَابَهَا وَابِلٞ فَـَٔاتَتۡ أُكُلَهَا ضِعۡفَيۡنِ فَإِن لَّمۡ يُصِبۡهَا وَابِلٞ فَطَلّٞۗ وَٱللَّهُ بِمَا تَعۡمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٢٦٥﴾

265. Labo abanikela ngengcebo yabo ukuthokozisa u Allah nokuziqinisa; bafaniswa nesivande esiseqhulwini, kuthi uma sithole imvula sikhiqize izithelo zaso ngokuphindwe kabili, kuthi uma singatholi imvula, kube umkhemezelo ofika kuso. U Allah ukubona konke enikwenzayo.

أَيَوَدُّ أَحَدُكُمۡ أَن تَكُونَ لَهُۥ جَنَّةٞ مِّن نَّخِيلٖ وَأَعۡنَابٖ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُ لَهُۥ فِيهَا مِن كُلِّ ٱلثَّمَرَٰتِ وَأَصَابَهُ ٱلۡكِبَرُ وَلَهُۥ ذُرِّيَّةٞ ضُعَفَآءُ فَأَصَابَهَآ إِعۡصَارٞ فِيهِ نَارٞ فَٱحۡتَرَقَتۡۗ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمُ ٱلۡأٓيَٰتِ لَعَلَّكُمۡ تَتَفَكَّرُونَ ﴿٢٦٦﴾

266. Ingabe omunye wenu uyafisa yini ukuba nesivande esinezihlahla zamasundu nomvini, esigeleza imifula simkhiqizela zonke izinhlobo zezithelo. Abe useyaguga enezingane ezisencane, kuthi kunjalo [isivande] sihlaselwe isishingishane esinomlilo sishe singqongqe. U Allah unicacisela kanjalo imibiko ukuze nicabangisise.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ أَنفِقُواْ مِن طَيِّبَٰتِ مَا كَسَبۡتُمۡ وَمِمَّآ أَخۡرَجۡنَا لَكُم مِّنَ ٱلۡأَرۡضِۖ وَلَا تَيَمَّمُواْ ٱلۡخَبِيثَ مِنۡهُ تُنفِقُونَ وَلَسۡتُم بِـَٔاخِذِيهِ إِلَّآ أَن تُغۡمِضُواْ فِيهِۚ وَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّ ٱللَّهَ غَنِيٌّ حَمِيدٌ ﴿٢٦٧﴾

267. Nina enikholwayo nikelani ngalokho okuhlanzekile enikusebenzele nakulokho esinikhiqizele kona emhlabeni. Ningathathi imfucuza niphane ngayo, into nani eniyithatha nivale amehlo; futhi nazi ukuthi u Allah Akadingi lutho Uyadunyiswa.

ٱلشَّيۡطَٰنُ يَعِدُكُمُ ٱلۡفَقۡرَ وَيَأۡمُرُكُم بِٱلۡفَحۡشَآءِۖ وَٱللَّهُ يَعِدُكُم مَّغۡفِرَةٗ مِّنۡهُ وَفَضۡلٗاۗ وَٱللَّهُ وَٰسِعٌ عَلِيمٞ ﴿٢٦٨﴾

268. *uShayitani* unithembisa inhlupheko futhi uniyalele ngokubi, kepha u Allah unithembisa intethelelo Yakhe nesihe; ngokuba u Allah Wengamele konke Wazi konke.

269. Upha ukukhalipha kulowo amthandayo, lowo ophiwe ukukhalipha uphiwe okuhle okuchichimayo; kanti yilabo abakhaliphile abaqaphelayo.

يُؤْتِي ٱلْحِكْمَةَ مَن يَشَآءُ ۚ وَمَن يُؤْتَ ٱلْحِكْمَةَ فَقَدْ أُوتِيَ خَيْرًا كَثِيرًا ۗ وَمَا يَذَّكَّرُ إِلَّآ أُو۟لُوا۟ ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿٢٦٩﴾

270. Konke eninikela ngakho nezifungo enizenzayo u Allah uyakwazi. Futhi labo abaphambukile abayikusizwa muntu.

وَمَآ أَنفَقْتُم مِّن نَّفَقَةٍ أَوْ نَذَرْتُم مِّن نَّذْرٍ فَإِنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُهُۥ ۗ وَمَا لِلظَّٰلِمِينَ مِنْ أَنصَارٍ ﴿٢٧٠﴾

271. Uma ninikela eshashalazini, kuhle, kepha uma niyihla [iminikelo] kungcono. [u Allah] uyozisula izimpambuko zenu, futhi u Allah unolwazi lwakho konke enikwenzayo.

إِن تُبْدُوا۟ ٱلصَّدَقَٰتِ فَنِعِمَّا هِىَ ۖ وَإِن تُخْفُوهَا وَتُؤْتُوهَا ٱلْفُقَرَآءَ فَهُوَ خَيْرٌ لَّكُمْ ۚ وَيُكَفِّرُ عَنكُم مِّن سَيِّـَٔاتِكُمْ ۗ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرٌ ﴿٢٧١﴾

272. Akukho emandleni akho [*Muhamadi*] ukubaholela endleni eqondile, kepha u Allah uholela endleni eqondile lowo amthandayo. Futhi konke okuhle eninikela kuyonisiza; ninikele ngoba nilangazelele ukuthokozisa u Allah. Futhi konke eninikele ngakho, niyakubuyiselwa kona ngokugcwele.

لَّيْسَ عَلَيْكَ هُدَىٰهُمْ وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ يَهْدِى مَن يَشَآءُ ۗ وَمَا تُنفِقُوا۟ مِنْ خَيْرٍ فَلِأَنفُسِكُمْ ۚ وَمَا تُنفِقُونَ إِلَّا ٱبْتِغَآءَ وَجْهِ ٱللَّهِ ۚ وَمَا تُنفِقُوا۟ مِنْ خَيْرٍ يُوَفَّ إِلَيْكُمْ وَأَنتُمْ لَا تُظْلَمُونَ ﴿٢٧٢﴾

273. [Nikelelani] labo abaxinwe umsebenzi ka Allah, abakhoni ukuzisebenzela; ongabazi ucabanga ukuthi bacebile ngenxa yokuzithiba kwabo, ubabona ngezimpawu zabo abahambi becela abantu. U Allah ukwazi konke okuhle eninikela ngakho.

لِلْفُقَرَآءِ ٱلَّذِينَ أُحْصِرُوا۟ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ لَا يَسْتَطِيعُونَ ضَرْبًا فِى ٱلْأَرْضِ يَحْسَبُهُمُ ٱلْجَاهِلُ أَغْنِيَآءَ مِنَ ٱلتَّعَفُّفِ تَعْرِفُهُم بِسِيمَٰهُمْ لَا يَسْـَٔلُونَ ٱلنَّاسَ إِلْحَافًا ۗ وَمَا تُنفِقُوا۟ مِنْ خَيْرٍ فَإِنَّ ٱللَّهَ بِهِۦ عَلِيمٌ ﴿٢٧٣﴾

274. Labo abanikela ebusuku nasemini, ngasese nasesindlangalaleni, bayothola imivuzo yabo eNkosini yabo futhi ngeke babe nokwesaba noma bakhathazeke.

ٱلَّذِينَ يُنفِقُونَ أَمۡوَٰلَهُم بِٱلَّيۡلِ وَٱلنَّهَارِ سِرّٗا وَعَلَانِيَةٗ فَلَهُمۡ أَجۡرُهُمۡ عِندَ رَبِّهِمۡ وَلَا خَوۡفٌ عَلَيۡهِمۡ وَلَا هُمۡ يَحۡزَنُونَ ٢٧٤

275. Labo abadla imali yenzalo, bayovuka emathuneni [kweLizayo] okumuntu ohlanyiswe *uShayitani*; yingoba bathi: "Ukuhweba kuyena nje nokuzalisa imali" Kepha u Allah uvumele ukuhweba wachitha ukuzalisa imali. Lowoke oyothola isaluleko esivela eNkosini yakhe bese eyapheza, uzogcina inzuzo leyo anayo, futhi udaba lwakhe luku Allah. Kepha lowo oqhubekayo, uyobhadla eMlilweni ahlale khona unaphakade.

ٱلَّذِينَ يَأۡكُلُونَ ٱلرِّبَوٰاْ لَا يَقُومُونَ إِلَّا كَمَا يَقُومُ ٱلَّذِي يَتَخَبَّطُهُ ٱلشَّيۡطَٰنُ مِنَ ٱلۡمَسِّۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمۡ قَالُوٓاْ إِنَّمَا ٱلۡبَيۡعُ مِثۡلُ ٱلرِّبَوٰاْۗ وَأَحَلَّ ٱللَّهُ ٱلۡبَيۡعَ وَحَرَّمَ ٱلرِّبَوٰاْۚ فَمَن جَآءَهُۥ مَوۡعِظَةٞ مِّن رَّبِّهِۦ فَٱنتَهَىٰ فَلَهُۥ مَا سَلَفَ وَأَمۡرُهُۥٓ إِلَى ٱللَّهِۖ وَمَنۡ عَادَ فَأُوْلَٰٓئِكَ أَصۡحَٰبُ ٱلنَّارِۖ هُمۡ فِيهَا خَٰلِدُونَ ٢٧٥

276. U Allah akayibusisi imali yenzalo, kepha Wandisa iminikelo. Futhi u Allah akamthandi wonke umuntu ongakholwa ophambukile.

يَمۡحَقُ ٱللَّهُ ٱلرِّبَوٰاْ وَيُرۡبِي ٱلصَّدَقَٰتِۗ وَٱللَّهُ لَا يُحِبُّ كُلَّ كَفَّارٍ أَثِيمٍ ٢٧٦

277. Ngempela laba abakholwayo benze okuhle futhi baqikelela ukwenza *iSwala* bakhiphe *neZakati*, bayothola umvuzo wabo eNkosini yabo bengenakusaba bengenasizi.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ وَأَقَامُواْ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتَوُاْ ٱلزَّكَوٰةَ لَهُمۡ أَجۡرُهُمۡ عِندَ رَبِّهِمۡ وَلَا خَوۡفٌ عَلَيۡهِمۡ وَلَا هُمۡ يَحۡزَنُونَ ٢٧٧

278. Nina enikholwayo, thibelani u Allah niyeke izinsalela zemali yenzalo uma ngempela ningabakholwayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَذَرُواْ مَا بَقِيَ مِنَ ٱلرِّبَوٰٓاْ إِن كُنتُم مُّؤۡمِنِينَ ٢٧٨

فَإِن لَّمْ تَفْعَلُواْ فَأْذَنُواْ بِحَرْبٍ مِّنَ ٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ ۖ وَإِن تُبْتُمْ فَلَكُمْ رُءُوسُ أَمْوَٰلِكُمْ لَا تَظْلِمُونَ وَلَا تُظْلَمُونَ ﴿٢٧٩﴾

279. Uma ningakwenzi lokho; lindelani impi evela ku Allah neSithunywa saKhe. Kepha uma nicela intethelelo, thathani ingqikithi yemali yenu [konikweledayo] ngokugcwele ningakhwabanisi.

وَإِن كَانَ ذُو عُسْرَةٍ فَنَظِرَةٌ إِلَىٰ مَيْسَرَةٍ ۚ وَأَن تَصَدَّقُواْ خَيْرٌ لَّكُمْ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٢٨٠﴾

280. Uma [onikweledayo] empofu, muphe isikhathi esanele kuze uyakhona, kepha uma ninikela yikona okungcono, ukube nje benazi.

وَٱتَّقُواْ يَوْمًا تُرْجَعُونَ فِيهِ إِلَى ٱللَّهِ ۖ ثُمَّ تُوَفَّىٰ كُلُّ نَفْسٍ مَّا كَسَبَتْ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿٢٨١﴾

281. Nesabe loloSuku lapho niyobuyela kulo ku Allah; bese wonke umuntu ethola umvuzo wemisebenzi yakhe ngale kokungebulungiswa kubo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِذَا تَدَايَنتُم بِدَيْنٍ إِلَىٰٓ أَجَلٍ مُّسَمًّى فَٱكْتُبُوهُ ۚ وَلْيَكْتُب بَّيْنَكُمْ كَاتِبٌۢ بِٱلْعَدْلِ ۚ وَلَا يَأْبَ كَاتِبٌ أَن يَكْتُبَ كَمَا عَلَّمَهُ ٱللَّهُ ۚ فَلْيَكْتُبْ وَلْيُمْلِلِ ٱلَّذِى عَلَيْهِ ٱلْحَقُّ وَلْيَتَّقِ ٱللَّهَ رَبَّهُۥ وَلَا يَبْخَسْ مِنْهُ شَيْـًٔا ۚ فَإِن كَانَ ٱلَّذِى عَلَيْهِ ٱلْحَقُّ سَفِيهًا أَوْ ضَعِيفًا أَوْ لَا يَسْتَطِيعُ أَن يُمِلَّ هُوَ فَلْيُمْلِلْ وَلِيُّهُۥ بِٱلْعَدْلِ ۚ وَٱسْتَشْهِدُواْ شَهِيدَيْنِ مِن رِّجَالِكُمْ ۖ فَإِن لَّمْ يَكُونَا رَجُلَيْنِ فَرَجُلٌ وَٱمْرَأَتَانِ مِمَّن تَرْضَوْنَ مِنَ ٱلشُّهَدَآءِ أَن تَضِلَّ إِحْدَىٰهُمَا فَتُذَكِّرَ إِحْدَىٰهُمَا ٱلْأُخْرَىٰ

282. Nina enikholwayo, uma nikweledisana ngesikhathi esibekiwe, silobeni phansi [isikweleti]; umlobi phakathi kwenu makalobe ngobulungiswa; futhi angenqabi umlobi ukuloba njengoba u Allah wamfundisa; makalobe bese kuthi lowo okweletayo abizele esabe u Allah angakhwabanisi lutho kuso. Uma lowo okweletayo eyisiwula noma ebuthakathaka noma engakhoni ukubizela, umnakekeli makube nguyena obizelayo ngobulungiswa. Kubekhona ofakazi besilisa ababili kini, uma bengekho abesilisa ababili,

وَلَا يَأْبَ ٱلشُّهَدَآءُ إِذَا مَا دُعُواْ ۚ وَلَا
تَسْـَٔمُوٓاْ أَن تَكْتُبُوهُ صَغِيرًا أَوْ كَبِيرًا
إِلَىٰٓ أَجَلِهِۦ ۚ ذَٰلِكُمْ أَقْسَطُ عِندَ ٱللَّهِ
وَأَقْوَمُ لِلشَّهَٰدَةِ وَأَدْنَىٰٓ أَلَّا تَرْتَابُوٓاْ إِلَّآ
أَن تَكُونَ تِجَٰرَةً حَاضِرَةً تُدِيرُونَهَا
بَيْنَكُمْ فَلَيْسَ عَلَيْكُمْ جُنَاحٌ
أَلَّا تَكْتُبُوهَا ۗ وَأَشْهِدُوٓاْ إِذَا تَبَايَعْتُمْ ۚ
وَلَا يُضَآرَّ كَاتِبٌ وَلَا شَهِيدٌ ۚ وَإِن
تَفْعَلُواْ فَإِنَّهُۥ فُسُوقٌۢ بِكُمْ ۗ وَٱتَّقُواْ
ٱللَّهَ ۖ وَيُعَلِّمُكُمُ ٱللَّهُ ۗ وَٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ
عَلِيمٌ ﴿٢٨٢﴾

makube indoda nabesifazane ababili enigculisekila ngabo ukuba ngofakazi; uma omunye [wesimame] enza iphutha lona omunye uzomkhumbuza. Ofakazi akumele banqabe lapho bebizwa. Ninganqeni ukusiloba sincane sikhulu [isikweleti] ngesikhathi esibekiwe. Ngokuba lokho kuwubulungiswa ku Allah nokufakaza okuqotho nokwenza ukuba kungabikhona ukungabazana. Ngaphandleke uma nithengiselana bukhoma phakathi kwenu akunacala uma ningakulobanga. Kepha nibize ofakazi lapho nithengiselana. Umlobi nofakazi bamangahlushwa. Uma nikwenza lokho niyobe senephule umthetho. Nithobele u Allah, uyakunifundisa u Allah; ngokuba u Allah Wazi zonke izinto.

*وَإِن كُنتُمْ عَلَىٰ سَفَرٍ وَلَمْ تَجِدُواْ كَاتِبًا
فَرِهَٰنٌ مَّقْبُوضَةٌ ۖ فَإِنْ أَمِنَ بَعْضُكُم
بَعْضًا فَلْيُؤَدِّ ٱلَّذِى ٱؤْتُمِنَ أَمَٰنَتَهُۥ
وَلْيَتَّقِ ٱللَّهَ رَبَّهُۥ ۗ وَلَا تَكْتُمُواْ ٱلشَّهَٰدَةَ ۚ
وَمَن يَكْتُمْهَا فَإِنَّهُۥٓ ءَاثِمٌ قَلْبُهُۥ ۗ وَٱللَّهُ
بِمَا تَعْمَلُونَ عَلِيمٌ ﴿٢٨٣﴾

283. Uma nisohambeni, kungekho mlobi, makube nesibambiso esibanjiswayo. Uma kukhona enibambisene kona, lowo obanjisiwe makakubuyisele lokho abanjiswe kona athobele u-Allah iNkosi yakhe. Futhi ningabugodli ubufakazi; lowo obugodlayo impela inhliziyo yakhe iphambukile; belu u-Allah uyakwazi enikwenzayo.

لِّلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۗ وَإِن تُبۡدُواْ مَا فِيٓ أَنفُسِكُمۡ أَوۡ تُخۡفُوهُ يُحَاسِبۡكُم بِهِ ٱللَّهُۖ فَيَغۡفِرُ لِمَن يَشَآءُ وَيُعَذِّبُ مَن يَشَآءُۗ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٖ قَدِيرٌ ٢٨٤

284. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah; noma ningakuveza obala lokho okungaphathi kwenu noma nikufihle[1], u-Allah uzonihlulela ngakho; bese ethethelela amthandayo futhi ajezise amthandayo; phela u-Allah akehlulwa yilutho.

ءَامَنَ ٱلرَّسُولُ بِمَآ أُنزِلَ إِلَيۡهِ مِن رَّبِّهِۦ وَٱلۡمُؤۡمِنُونَۚ كُلٌّ ءَامَنَ بِٱللَّهِ وَمَلَٰٓئِكَتِهِۦ وَكُتُبِهِۦ وَرُسُلِهِۦ لَا نُفَرِّقُ بَيۡنَ أَحَدٖ مِّن رُّسُلِهِۦۚ وَقَالُواْ سَمِعۡنَا وَأَطَعۡنَاۖ غُفۡرَانَكَ رَبَّنَا وَإِلَيۡكَ ٱلۡمَصِيرُ ٢٨٥

285. IsiThunywa sikholelwe kulokho okwembulele kuso kuvela eNkosini yaso, kanjalo nabakholwayo. Bonke bakholelwa ku Allah nezingelosi Zakhe nezincwadi zakhe neziThunywa Zakhe, [Bathi]: "Asicwasi muntu kuziThunywa zakhe" Futhi bathi: "Sizwile futhi siyazithoba, Nkosi yethu sithethelele, siyakubuyela kuWe".

لَا يُكَلِّفُ ٱللَّهُ نَفۡسًا إِلَّا وُسۡعَهَاۚ لَهَا مَا كَسَبَتۡ وَعَلَيۡهَا مَا ٱكۡتَسَبَتۡۗ رَبَّنَا لَا تُؤَاخِذۡنَآ إِن نَّسِينَآ أَوۡ أَخۡطَأۡنَاۚ رَبَّنَا وَلَا تَحۡمِلۡ عَلَيۡنَآ إِصۡرٗا كَمَا حَمَلۡتَهُۥ عَلَى ٱلَّذِينَ مِن قَبۡلِنَاۚ رَبَّنَا وَلَا تُحَمِّلۡنَا مَا لَا طَاقَةَ لَنَا بِهِۦۖ وَٱعۡفُ عَنَّا وَٱغۡفِرۡ لَنَا وَٱرۡحَمۡنَآۚ أَنتَ مَوۡلَىٰنَا فَٱنصُرۡنَا عَلَى ٱلۡقَوۡمِ ٱلۡكَٰفِرِينَ ٢٨٦

286. Awukho umphefumulo u Allah awuthwesa ngaphezu kwamandla awo. Uyohlomula [ngokuhle] okwenzile futhi uyojeziswa [ngokubi] okwenzile. "Nkosi yethu ungasijezisi uma sikhohliwe noma sisephutheni, Nkosi yethu ungasithwesi isibophezelo esinzima njengoba wasithwesa labo abasandulelayo. Nkosi

1 Lezi izimpambuko zenhliziyo ezifana nezondo, ukundlinza, amagqubu, ukuzigqaja nokuzazisa nobuphixiphixi, njalonjalo... konke kuyojeziswa uMdali.

yethu ungasithwesi lokho okungaphezu kwamandla ethu, usixolele, usithethelele, usihawukele. Uyisiphephelo sethu ngakhoke siphe ukunqaba labo abangakholwa.

(3) SURA AL-IMRANI
UMNDENI KA IMRANI

سُورَةُ آلِ عِمۡرَٰنَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. *AliLamMim.*

الٓمٓ ١

2. U Allah, akekho onokukhonzwa ngaphandle kwaKhe, unguSimakade unguMnakekeli wezinto zonke.

ٱللَّهُ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ٱلۡحَيُّ ٱلۡقَيُّومُ ٢

3. Wembulele kuwe [*Muhamadi*] iNcwadi [iKurani] ngeqiniso, ifakazela lezo ezandulelayo, futhi Wembulela *iTora* ne *Ininjili*.

نَزَّلَ عَلَيۡكَ ٱلۡكِتَٰبَ بِٱلۡحَقِّ مُصَدِّقٗا لِّمَا بَيۡنَ يَدَيۡهِ وَأَنزَلَ ٱلتَّوۡرَىٰةَ وَٱلۡإِنجِيلَ ٣

4. Endulo ukuze zibe umhlahlandlela wesintu futhi Wembulela ne *Furukani*. Ngempela labo abangakholwa yimibiko Yethu bayothola isijeziso esinzima, ngokuba u Allah uSomandla oziphindiselelayo.

مِن قَبۡلُ هُدٗى لِّلنَّاسِ وَأَنزَلَ ٱلۡفُرۡقَانَۗ إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ لَهُمۡ عَذَابٞ شَدِيدٞۗ وَٱللَّهُ عَزِيزٞ ذُو ٱنتِقَامٍ ٤

5. Ngempela akukho okufihlekile ku Allah, emhlabeni nasezulwini.

إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَخۡفَىٰ عَلَيۡهِ شَيۡءٞ فِي ٱلۡأَرۡضِ وَلَا فِي ٱلسَّمَآءِ ٥

6. Nguye lo onibumbe ngendlela athanda ngayo ezibelethweni zonyoko, ngakhoke, akekho onokukhonzwa ngaphandle kwaKhe onguSomandla Okhaliphile.

هُوَ ٱلَّذِي يُصَوِّرُكُمۡ فِي ٱلۡأَرۡحَامِ كَيۡفَ يَشَآءُۚ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ٱلۡعَزِيزُ ٱلۡحَكِيمُ ٦

هُوَ ٱلَّذِىٓ أَنزَلَ عَلَيْكَ ٱلْكِتَٰبَ مِنْهُ ءَايَٰتٌ مُّحْكَمَٰتٌ هُنَّ أُمُّ ٱلْكِتَٰبِ وَأُخَرُ مُتَشَٰبِهَٰتٌ ۖ فَأَمَّا ٱلَّذِينَ فِى قُلُوبِهِمْ زَيْغٌ فَيَتَّبِعُونَ مَا تَشَٰبَهَ مِنْهُ ٱبْتِغَآءَ ٱلْفِتْنَةِ وَٱبْتِغَآءَ تَأْوِيلِهِۦ ۗ وَمَا يَعْلَمُ تَأْوِيلَهُۥٓ إِلَّا ٱللَّهُ ۗ وَٱلرَّٰسِخُونَ فِى ٱلْعِلْمِ يَقُولُونَ ءَامَنَّا بِهِۦ كُلٌّ مِّنْ عِندِ رَبِّنَا ۗ وَمَا يَذَّكَّرُ إِلَّآ أُو۟لُوا۟ ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿٧﴾

7. Nguye [u Allah] owembulele kuwe [Muhamadi] iNcwadi equkethe izambulo ezicacile okuyizona ingqikithi yeNcwadi, kanti ezinye ziyindida; kepha laba abanokuphambuka ezinhliziyweni zabo balandela lezi eziyindida ukuze baqale uthuthuva noma bazame ukuzihumusha. Empeleni akekho owazi incazelo yazo ngaphandle kuka Allah nalabo abolwazi olunzulu, abathi: "Siyakholwa kukho, konke kuvela eNkosini Yethu". Labo abakhaliphile yibona kuphela abaqaphelayo.

رَبَّنَا لَا تُزِغْ قُلُوبَنَا بَعْدَ إِذْ هَدَيْتَنَا وَهَبْ لَنَا مِن لَّدُنكَ رَحْمَةً ۚ إِنَّكَ أَنتَ ٱلْوَهَّابُ ﴿٨﴾

8. Nkosi yethu sicela ungaphambukisi izinhlizo zethu emuva kokuba ususihlengile, futhi siphe umusa wakho ngokuba Wena Ungophayo.

رَبَّنَآ إِنَّكَ جَامِعُ ٱلنَّاسِ لِيَوْمٍ لَّا رَيْبَ فِيهِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُخْلِفُ ٱلْمِيعَادَ ﴿٩﴾

9. Nkosi yethu, ngempela Nguwe oyobuthanisa isintu ngoSuku olungengatshwazwe, ngokuba u Allah akasephuli isithembiso.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لَن تُغْنِىَ عَنْهُمْ أَمْوَٰلُهُمْ وَلَآ أَوْلَٰدُهُم مِّنَ ٱللَّهِ شَيْـًٔا ۖ وَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمْ وَقُودُ ٱلنَّارِ ﴿١٠﴾

10. Ngempela labo abangakholwa, ingcebo yabo nezingane zabo aziyikubasiza ngalutho ku Allah futhi yibona kanye labo abayoba izithungelo zoMlilo [wase *Jahanamu*].

كَدَأْبِ ءَالِ فِرْعَوْنَ وَٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۚ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَـٰتِنَا فَأَخَذَهُمُ ٱللَّهُ بِذُنُوبِهِمْ ۗ وَٱللَّهُ شَدِيدُ ٱلْعِقَابِ ﴿١١﴾

11. Njengoba kwawumkhuba wesizwe sika *Firawuna* kanye nalabo ababandulelayo, abakholwanga imibiko Zethu, u Allah wabajezisa ngezimpambuko zabo, futhi u Allah unesijeziso esinzima.

قُل لِّلَّذِينَ كَفَرُوا۟ سَتُغْلَبُونَ وَتُحْشَرُونَ إِلَىٰ جَهَنَّمَ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمِهَادُ ﴿١٢﴾

12. Yithi kulabo abangakholwa: "Nizonqotshwa bese nibuthelwa *eJahanamu*, okiyindawo embi impela".

قَدْ كَانَ لَكُمْ ءَايَةٌ فِى فِئَتَيْنِ ٱلْتَقَتَا ۖ فِئَةٌ تُقَـٰتِلُ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَأُخْرَىٰ كَافِرَةٌ يَرَوْنَهُم مِّثْلَيْهِمْ رَأْىَ ٱلْعَيْنِ ۚ وَٱللَّهُ يُؤَيِّدُ بِنَصْرِهِۦ مَن يَشَآءُ ۗ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَعِبْرَةً لِّأُو۟لِى ٱلْأَبْصَـٰرِ ﴿١٣﴾

13. Futhi beninesibonakaliso mhla kutholana phezulu amabutho amabili; ibutho elilodwa belilwela endleleni ka Allah kanti elinye belingakholwa [liyiningi], kepha libabona [abebutho elikholwayo] belingana nabo ngenani emehlweni abo [yize babeyidlanzana]. Kanjalo u Allah wesekela abathandayo ngosizo lwaKhe. Ngempela lokho kuyisifundo kwabaqondayo.

زُيِّنَ لِلنَّاسِ حُبُّ ٱلشَّهَوَٰتِ مِنَ ٱلنِّسَآءِ وَٱلْبَنِينَ وَٱلْقَنَـٰطِيرِ ٱلْمُقَنطَرَةِ مِنَ ٱلذَّهَبِ وَٱلْفِضَّةِ وَٱلْخَيْلِ ٱلْمُسَوَّمَةِ وَٱلْأَنْعَـٰمِ وَٱلْحَرْثِ ۗ ذَٰلِكَ مَتَـٰعُ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۖ وَٱللَّهُ عِندَهُۥ حُسْنُ ٱلْمَـَٔابِ ﴿١٤﴾

14. Ukuthanda abafazi, nezingane nezindodla zomcebo wegolide nesiliva namahhashi ekhethelo nemfuyo kanye nezitshalo, kwenziwe kwalangazeleka kubantu; konke lokhu izinto zokuncebeleka emhlabeni, bheka, u Allah unendawo enhle okuyobuyelwa kuyo.

15. Yithi: "Akenginitshele ngokungcono kunalokho; labo abathobela iNkosi yabo, ibalungiselele izivande okugeleza kuzo imifula, bayohlala kuzo unaphakade, kanye nabafazi abamsulwa nentokomalo ka Allah[1], futhi u Allah uziqaphile izinceku Zakhe.

16. Lezi ezithi, "Nkosi yethu ngempela sikholiwe ngakhoke sithethelele futhi usihlenge esijezisweni soMlilo.

17. Bayabekezela, baqotho, bayazithoba, bayanikela futhi bacela intethelelo [ngokukhuleka] entathakusa.

18. U Allah nezingelosi kanye nosolwazi, bayafakaza ukuthi akekho okumele akhonzwe ngaphandle kwaKhe, futhi Nguyena omise ubulungiswa. Ngakhoke akekho okumele akhonzwe ngaphandle kwaKhe uSomandla Okhaliphile.

19. I-*Isilamu* iyona kuphela inkolo eyamukelekile ku Allah. Kanti labo abanikwa iNcwadi, baqala ukuphikisana emuva kokuba ulwazi sebelutholile ngenxa yenzondo phakathi kwabo, futhi kulowo ophika izambulo zika Allah, u Allah uyashesha uma ehlulela.

*قُلْ أَؤُنَبِّئُكُم بِخَيْرٍ مِّن ذَٰلِكُمْ ۖ
لِلَّذِينَ ٱتَّقَوْا۟ عِندَ رَبِّهِمْ جَنَّٰتٌ تَجْرِى
مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا وَأَزْوَٰجٌ
مُّطَهَّرَةٌ وَرِضْوَٰنٌ مِّنَ ٱللَّهِ ۗ وَٱللَّهُ بَصِيرٌۢ
بِٱلْعِبَادِ ﴿١٥﴾

ٱلَّذِينَ يَقُولُونَ رَبَّنَآ إِنَّنَآ ءَامَنَّا فَٱغْفِرْ
لَنَا ذُنُوبَنَا وَقِنَا عَذَابَ ٱلنَّارِ ﴿١٦﴾

ٱلصَّٰبِرِينَ وَٱلصَّٰدِقِينَ وَٱلْقَٰنِتِينَ وَٱلْمُنفِقِينَ
وَٱلْمُسْتَغْفِرِينَ بِٱلْأَسْحَارِ ﴿١٧﴾

شَهِدَ ٱللَّهُ أَنَّهُۥ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ وَٱلْمَلَٰٓئِكَةُ
وَأُو۟لُوا۟ ٱلْعِلْمِ قَآئِمًۢا بِٱلْقِسْطِ ۚ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا
هُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿١٨﴾

إِنَّ ٱلدِّينَ عِندَ ٱللَّهِ ٱلْإِسْلَٰمُ ۗ وَمَا ٱخْتَلَفَ
ٱلَّذِينَ أُو۟تُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ إِلَّا مِنۢ بَعْدِ مَا
جَآءَهُمُ ٱلْعِلْمُ بَغْيًۢا بَيْنَهُمْ ۗ وَمَن يَكْفُرْ
بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ فَإِنَّ ٱللَّهَ سَرِيعُ ٱلْحِسَابِ ﴿١٩﴾

1 Intokomalo ka Allah, kusho ukuthokoza kuka Allah ngalabo abayongena eJana, yisona sigaba esiphezulu sokuhlonishwa nokuklonyeliswa kwabathobela u Allah emhlabeni baphile ngokwentando yaKhe.

فَإِنْ حَآجُّوكَ فَقُلْ أَسْلَمْتُ وَجْهِيَ لِلَّهِ وَمَنِ ٱتَّبَعَنِ ۗ وَقُل لِّلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْأُمِّيِّـۧنَ ءَأَسْلَمْتُمْ ۚ فَإِنْ أَسْلَمُوا۟ فَقَدِ ٱهْتَدَوا۟ ۖ وَّإِن تَوَلَّوْا۟ فَإِنَّمَا عَلَيْكَ ٱلْبَلَٰغُ ۗ وَٱللَّهُ بَصِيرٌۢ بِٱلْعِبَادِ ﴿٢٠﴾

20. Uma beqophisana nawe [Muhamadi] yithi: "Ngizinikele ngokuphelele mina nalabo abangilandelayo ku Allah". Futhi yithi kulaba abanikwa iNcwadi: "Ingabe niyazinikela na?" Uma bezinikela bayoba sendleleni eqondile, kepha uma behlehla nyovana, umsebenzi wakho [Muhamadi] ukundlulisa umlayezo. Futhi u Allah uziqaphile izinceku Zakhe.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَكْفُرُونَ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ وَيَقْتُلُونَ ٱلنَّبِيِّـۧنَ بِغَيْرِ حَقٍّ وَيَقْتُلُونَ ٱلَّذِينَ يَأْمُرُونَ بِٱلْقِسْطِ مِنَ ٱلنَّاسِ فَبَشِّرْهُم بِعَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿٢١﴾

21. Labo abaphika izambulo zika Allah babulale nezithunywa ngokungemthetho baphinde babulale abantu abagqugquzela ubulungiswa, bazise ngesijeziso esibuhlungu.

أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ حَبِطَتْ أَعْمَٰلُهُمْ فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْـَٔاخِرَةِ وَمَا لَهُم مِّن نَّٰصِرِينَ ﴿٢٢﴾

22. Yiboke labo izenzo zabo [ezinhle] ziyakushabalala emhlabeni nakwelizayo futhi akekho oyobasiza.

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ نَصِيبًا مِّنَ ٱلْكِتَٰبِ يُدْعَوْنَ إِلَىٰ كِتَٰبِ ٱللَّهِ لِيَحْكُمَ بَيْنَهُمْ ثُمَّ يَتَوَلَّىٰ فَرِيقٌ مِّنْهُمْ وَهُم مُّعْرِضُونَ ﴿٢٣﴾

23. Awubabonanga na, labo abanikwa ulwazi lweNcwadi, uma bebizwa ukuba basebenzise iNcwadi ka Allah ukwahlulela phakathi kwabo, abanye babo bavele bahlehle nyovana badikile.

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ قَالُوا۟ لَن تَمَسَّنَا ٱلنَّارُ إِلَّآ أَيَّامًا مَّعْدُودَٰتٍ ۖ وَغَرَّهُمْ فِى دِينِهِم مَّا كَانُوا۟ يَفْتَرُونَ ﴿٢٤﴾

24. Bakwenza lokhu ngoba bethi: "Umlilo [*weJahanamu*] uyosishisa izinsukwana nje!" Amanga abawaqambayo abadukisile enkolweni yabo.

25. Kuyobanjani mhla sibabuthanisa ngoSuku olungengatshazwe, lapho wonke umuntu uyovuziswa ngezenzo zakhe futhi abasoze baqilwa.

فَكَيْفَ إِذَا جَمَعْنَٰهُمْ لِيَوْمٍ لَّا رَيْبَ فِيهِ وَوُفِّيَتْ كُلُّ نَفْسٍ مَّا كَسَبَتْ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿٢٥﴾

26. Yithi: "Allah, Mnini wobukhosi, upha ubukhosi kulowo omthandayo futhi ubuphuce lowo omthandayo, futhi uphakamisa lowo omthandayo futhi udicilela phansi lowo omthandayo; konke okuhle kuseZandleni zaKho, ngokuba Wena unamandla phezu kwezinto zonke.

قُلِ ٱللَّهُمَّ مَٰلِكَ ٱلْمُلْكِ تُؤْتِى ٱلْمُلْكَ مَن تَشَآءُ وَتَنزِعُ ٱلْمُلْكَ مِمَّن تَشَآءُ وَتُعِزُّ مَن تَشَآءُ وَتُذِلُّ مَن تَشَآءُ ۖ بِيَدِكَ ٱلْخَيْرُ ۖ إِنَّكَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢٦﴾

27. Ungenisa ubusuku emini ungenise imini ebusuku futhi ukhipha into ephilayo kwefile uphinde ukhiphe efile kwephilayo[1], futhi wondla lowo omthandayo ngokungemkhawulo.

تُولِجُ ٱلَّيْلَ فِى ٱلنَّهَارِ وَتُولِجُ ٱلنَّهَارَ فِى ٱلَّيْلِ ۖ وَتُخْرِجُ ٱلْحَىَّ مِنَ ٱلْمَيِّتِ وَتُخْرِجُ ٱلْمَيِّتَ مِنَ ٱلْحَىِّ ۖ وَتَرْزُقُ مَن تَشَآءُ بِغَيْرِ حِسَابٍ ﴿٢٧﴾

28. Labo abakholwayo akumele babe nabangani abangakholwa kunalabo abakholwayo. Lowo owenza lokho [ukuba nongani ongakholwa ebe eyikholwa], u Allah akahlanganise lutho naye, kuphela nje uma kuliqhinga eniziphephisa ngalo kubo; u Allah unixwayisa Ngaye futhi isiphetho siku Allah.

لَّا يَتَّخِذِ ٱلْمُؤْمِنُونَ ٱلْكَٰفِرِينَ أَوْلِيَآءَ مِن دُونِ ٱلْمُؤْمِنِينَ ۖ وَمَن يَفْعَلْ ذَٰلِكَ فَلَيْسَ مِنَ ٱللَّهِ فِى شَىْءٍ إِلَّآ أَن تَتَّقُوا۟ مِنْهُمْ تُقَىٰةً ۗ وَيُحَذِّرُكُمُ ٱللَّهُ نَفْسَهُۥ ۗ وَإِلَى ٱللَّهِ ٱلْمَصِيرُ ﴿٢٨﴾

1 U Allah udala umuntu ophilayo ngesidoda esifile futhi nguYena odale isidoda esifile emuntwini ophilayo.

29. Yithi: "Noma ningakufihla noma nikuveze obala okusezifubeni zenu, u Allah uyakwazi. Futhi Wazi okusema-zulwini nasemhlabeni, ngokuba u Allah unamandla phezu kwezinto zonke.

قُلْ إِن تُخْفُوا۟ مَا فِى صُدُورِكُمْ أَوْ تُبْدُوهُ يَعْلَمْهُ ٱللَّهُ ۗ وَيَعْلَمُ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ ۗ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢٩﴾

30. NgalololSuku wonke umuntu uyothola konke okuhle akwenzile kukhona, kanjalo nokubi, uyofisa engathi kungaba khona ibanga elide phakathi kwakhe nakho [okubi]. Bheka u Allah unixwayisa Ngaye ngokuba unesihe kusintu.

يَوْمَ تَجِدُ كُلُّ نَفْسٍ مَّا عَمِلَتْ مِنْ خَيْرٍ مُّحْضَرًا وَمَا عَمِلَتْ مِن سُوٓءٍ تَوَدُّ لَوْ أَنَّ بَيْنَهَا وَبَيْنَهُۥٓ أَمَدًۢا بَعِيدًا ۗ وَيُحَذِّرُكُمُ ٱللَّهُ نَفْسَهُۥ ۗ وَٱللَّهُ رَءُوفٌۢ بِٱلْعِبَادِ ﴿٣٠﴾

31. Yithi: "Uma nimthanda ngempela u Allah, ngilandeleni; u Allah uyonithanda futhi anithethelele izimpambuko zenu, ngokuba u Allah Uyathethelela Unesihawu.

قُلْ إِن كُنتُمْ تُحِبُّونَ ٱللَّهَ فَٱتَّبِعُونِى يُحْبِبْكُمُ ٱللَّهُ وَيَغْفِرْ لَكُمْ ذُنُوبَكُمْ ۚ وَٱللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٣١﴾

32. Yithi: "Thobelani u Allah neSithunywa", kepha uma bekukushaya indiva, bheka u Allah akabathandi abangakholwa.

قُلْ أَطِيعُوا۟ ٱللَّهَ وَٱلرَّسُولَ ۖ فَإِن تَوَلَّوْا۟ فَإِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٣٢﴾

33. Ngempela u Allah waqoka u *Adamu* no*Nuhu* nomndeni ka *Ibhirahimu* nomndeni ka *Imurani* ezizweni zonke.

۞ إِنَّ ٱللَّهَ ٱصْطَفَىٰٓ ءَادَمَ وَنُوحًا وَءَالَ إِبْرَٰهِيمَ وَءَالَ عِمْرَٰنَ عَلَى ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٣٣﴾

34. Isizukulwane ngesizukulwane, ebezifana, futhi u Allah Uzwa konke Wazi konke.

ذُرِّيَّةًۢ بَعْضُهَا مِنۢ بَعْضٍ ۗ وَٱللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٣٤﴾

إِذْ قَالَتِ ٱمْرَأَتُ عِمْرَٰنَ رَبِّ إِنِّى نَذَرْتُ لَكَ مَا فِى بَطْنِى مُحَرَّرًا فَتَقَبَّلْ مِنِّىٓ ۖ إِنَّكَ أَنتَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٣٥﴾

35. Lapho umka *Imurani* ethi: "Nkosi yami nginikela kuwe lokhu okusesiswini sami ngokugcwele, ngicela ukwamukele kimi, ngokuba Wena Uzwa konke Wazi konke"[1].

فَلَمَّا وَضَعَتْهَا قَالَتْ رَبِّ إِنِّى وَضَعْتُهَآ أُنثَىٰ وَٱللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا وَضَعَتْ وَلَيْسَ ٱلذَّكَرُ كَٱلْأُنثَىٰ ۖ وَإِنِّى سَمَّيْتُهَا مَرْيَمَ وَإِنِّىٓ أُعِيذُهَا بِكَ وَذُرِّيَّتَهَا مِنَ ٱلشَّيْطَٰنِ ٱلرَّجِيمِ ﴿٣٦﴾

36. Kwathi lapho esembelethile wathi: "Nkosi ngizale intombi - bheka u Allah wazi kahle ngakubelethile ngokuba insizwa ayifani nentombi – ngimethe igama elithi*'Mariyamu'* futhi ngicela umkhusele yena nozalo lwakhe ku *Shayitani* (uSathane) oqalekisiwe".

فَتَقَبَّلَهَا رَبُّهَا بِقَبُولٍ حَسَنٍ وَأَنۢبَتَهَا نَبَاتًا حَسَنًا وَكَفَّلَهَا زَكَرِيَّا ۖ كُلَّمَا دَخَلَ عَلَيْهَا زَكَرِيَّا ٱلْمِحْرَابَ وَجَدَ عِندَهَا رِزْقًا ۖ قَالَ يَٰمَرْيَمُ أَنَّىٰ لَكِ هَٰذَا ۖ قَالَتْ هُوَ مِنْ عِندِ ٱللَّهِ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ يَرْزُقُ مَن يَشَآءُ بِغَيْرِ حِسَابٍ ﴿٣٧﴾

37. Inkosi yakhe yamamukela kahle yamkhulisa kahle waqoka *uZakariya* ukuba amnakekele. Kwakuthi njalo uma u *Zakariya* eyombona elawini athole ukudla. Wathi [*uZakariya*]: "We Mariyamu ukutholaphi lokhu na?" [waphendula u *Mariyamu*] wathi: "Kuvela ku Allah, bheka u Allah wondla amthanadayo ngokungemkhawulo.

هُنَالِكَ دَعَا زَكَرِيَّا رَبَّهُۥ ۖ قَالَ رَبِّ هَبْ لِى مِن لَّدُنكَ ذُرِّيَّةً طَيِّبَةً ۖ إِنَّكَ سَمِيعُ ٱلدُّعَآءِ ﴿٣٨﴾

38. Yilaphoke u *Zakariya* wacela eNkosini yakhe, wathi: "Nkosi yami ngiphe kuwe uzalo oluqotho ngokuba Wena uyizwa yonke imithandazo".

1 Umfazi ka Imurani wabe esemudala mhla ekhulelwa, wajabula, wathatha isifungo sokuba umntwana ayomzala uyakumenza isisebenzi sasendlini sokukhonza *iMakadisi*, njengendlela yokubonga kuMdali.

فَنَادَتْهُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ وَهُوَ قَآئِمٌ يُصَلِّى فِى ٱلْمِحْرَابِ أَنَّ ٱللَّهَ يُبَشِّرُكَ بِيَحْيَىٰ مُصَدِّقًۢا بِكَلِمَةٍ مِّنَ ٱللَّهِ وَسَيِّدًا وَحَصُورًا وَنَبِيًّا مِّنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٣٩﴾

39. Kwathi lapho emile ethandaza elawini, zamumemeza izingelosi zathi: "u Allah ukubikela izindaba ezinhle [ngendodana] *uYahiya*, oyofakaza ngeZwi lika Allah abe ohloniphekile futhi ozithibile abe iSithunywa esilungileyo.

قَالَ رَبِّ أَنَّىٰ يَكُونُ لِى غُلَٰمٌ وَقَدْ بَلَغَنِىَ ٱلْكِبَرُ وَٱمْرَأَتِى عَاقِرٌ ۖ قَالَ كَذَٰلِكَ ٱللَّهُ يَفْعَلُ مَا يَشَآءُ ﴿٤٠﴾

40. Wathi [*uZakariya*]: "Nkosi yami ngizoyithola kanjani indodana na, ngibe ngigugile kanti nomkami uyinyumba?" Yathi [ingelosi]: "U Allah ukwenza kanjalo akuthandayo".

قَالَ رَبِّ ٱجْعَل لِّىٓ ءَايَةً ۚ قَالَ ءَايَتُكَ أَلَّا تُكَلِّمَ ٱلنَّاسَ ثَلَٰثَةَ أَيَّامٍ إِلَّا رَمْزًا ۗ وَٱذْكُر رَّبَّكَ كَثِيرًا وَسَبِّحْ بِٱلْعَشِىِّ وَٱلْإِبْكَٰرِ ﴿٤١﴾

41. Wathi [*uZakariya*]: "Nkosi yami ngibonise uphawu" Yathi: "Uphawu lakho, angeke ukhone ukukhuluma nabantu ngaphandle kokukhomba izinsuku ezintathu. Futhi khumbula iNkosi yakho kakhulu futhi uyidumise emini nasekuseni".

وَإِذْ قَالَتِ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ يَٰمَرْيَمُ إِنَّ ٱللَّهَ ٱصْطَفَىٰكِ وَطَهَّرَكِ وَٱصْطَفَىٰكِ عَلَىٰ نِسَآءِ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٤٢﴾

42. Futhi khumbula lapho izingelosi zithi: " *Mariyamu*, ngempela u Allah ukuqokile futhi wakuhlanza wakuqoka phezu kwabafazi bezizwe zonke".

يَٰمَرْيَمُ ٱقْنُتِى لِرَبِّكِ وَٱسْجُدِى وَٱرْكَعِى مَعَ ٱلرَّٰكِعِينَ ﴿٤٣﴾

43. "*Mariyamu*, thobela iNkosi yakho uwe ngobuso [ukhuleke] futhi ukhothame nabakhothamayo.

ذَٰلِكَ مِنْ أَنۢبَآءِ ٱلْغَيْبِ نُوحِيهِ إِلَيْكَ ۚ وَمَا كُنتَ لَدَيْهِمْ إِذْ يُلْقُونَ أَقْلَٰمَهُمْ أَيُّهُمْ يَكْفُلُ مَرْيَمَ وَمَا كُنتَ لَدَيْهِمْ إِذْ يَخْتَصِمُونَ ﴿٤٤﴾

44. Lezo izindaba zasendulo sizembulele kuwe. Bheka bewungekho lapho bephonsa izilobi zabo ukuthola ukuthi ubani ofanele ukunakekela u*Mariyamu* futhi bewungekho lapho bephikisana.

إِذْ قَالَتِ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ يَٰمَرْيَمُ إِنَّ ٱللَّهَ يُبَشِّرُكِ بِكَلِمَةٍ مِّنْهُ ٱسْمُهُ ٱلْمَسِيحُ عِيسَى ٱبْنُ مَرْيَمَ وَجِيهًا فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةِ وَمِنَ ٱلْمُقَرَّبِينَ ﴿٤٥﴾

45. Khumbula ukuthi izingelosi zathi: "*Mariyamu*, ngempela u Allah ukuhalelisa ngeZwi elivela Kuye ogama lalo ngu *MasihiIsa* ka *Mariyamu*, uyakuba ohloniphekile emhlabeni nakweLizayo futhi uyakuba kwabakhethekile.

وَيُكَلِّمُ ٱلنَّاسَ فِى ٱلْمَهْدِ وَكَهْلًا وَمِنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٤٦﴾

46. Uyakukhuluma nabantu ewuswana nalapho esekhulile futhi uyakuba omunye wabenzi bokuhle".

قَالَتْ رَبِّ أَنَّىٰ يَكُونُ لِى وَلَدٌ وَلَمْ يَمْسَسْنِى بَشَرٌ ۖ قَالَ كَذَٰلِكِ ٱللَّهُ يَخْلُقُ مَا يَشَآءُ ۚ إِذَا قَضَىٰٓ أَمْرًا فَإِنَّمَا يَقُولُ لَهُۥ كُن فَيَكُونُ ﴿٤٧﴾

47. Wathi [u*Mariyamu*]: "Ngiyomthola kanjani umntwana kube kungenamuntu ongithintile na?" Yathi: "Kanjalo u Allah udala akuthandayo; uma esenqume ukudala into umane athi: 'daleka' bese iyadaleka.

وَيُعَلِّمُهُ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْحِكْمَةَ وَٱلتَّوْرَىٰةَ وَٱلْإِنجِيلَ ﴿٤٨﴾

48. Futhi uyakumfundisa iNcwadi noBuhlakani kanye *neTora* ne *Ininjili*.

وَرَسُولًا إِلَىٰ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ أَنِّى قَدْ جِئْتُكُم بِـَٔايَةٍ مِّن رَّبِّكُمْ ۖ أَنِّىٓ أَخْلُقُ لَكُم مِّنَ ٱلطِّينِ كَهَيْـَٔةِ ٱلطَّيْرِ فَأَنفُخُ فِيهِ فَيَكُونُ طَيْرًۢا بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۖ

49. Futhi uyakuba isiThunywa kusizwe sama *Isirayeli*, uyofika athi: "Ngize nesibonakaliso esivela eNkosini yenu; ngempela ngiyakwazi ukubumba

ngodaka isiqu senyoni bese ngiyasiphefumulela bese siba inyoni ephilayo ngemvumo ka Allah, futhi ngilapha izimpumputhe nezinkubela ngiphinde ngivuse abafileyo ngemvumo ka Allah. Futhi ngiya-kunazisa ngalokho enikudlayo nenikubeke emizini yenu. Ngempela lokhu konke kuwubufakazi kini uma ningabakholwayo.

وَأُبْرِئُ ٱلْأَكْمَهَ وَٱلْأَبْرَصَ وَأُحْىِ ٱلْمَوْتَىٰ بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۖ وَأُنَبِّئُكُم بِمَا تَأْكُلُونَ وَمَا تَدَّخِرُونَ فِى بُيُوتِكُمْ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَةً لَّكُمْ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٤٩﴾

50. Futhi ngizogcwalisa imithetho yeTora okuyi yona engandulelayo, futhi ngizonixegisela kokunye ebeninqatshelwe kona. Kanti futhi ngize nobufakazi obuvela eNkosini yenu, ngakhoke mthobeleni u Allah futhi ningilalele.

وَمُصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَىَّ مِنَ ٱلتَّوْرَىٰةِ وَلِأُحِلَّ لَكُم بَعْضَ ٱلَّذِى حُرِّمَ عَلَيْكُمْ ۚ وَجِئْتُكُم بِـَٔايَةٍ مِّن رَّبِّكُمْ فَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ﴿٥٠﴾

51. Ngempela u Allah uyiNkosi yami neyenu, ngakhoke mkhonzeni ngokuba belu iyona lena indlela eqondile.

إِنَّ ٱللَّهَ رَبِّى وَرَبُّكُمْ فَٱعْبُدُوهُ ۚ هَٰذَا صِرَٰطٌ مُّسْتَقِيمٌ ﴿٥١﴾

52. Kuthe lapho u Isa ebona ukungakholwa kwabo wathi: "Ubani ozimisele ukungisiza emsebenzini ka Allah na? Amahawariya athi: "Yithina esingabasizi baka Allah, siyakholelwa ku Allah futhi yiba ufakazi ukuthi singama*Musilimu*.

فَلَمَّآ أَحَسَّ عِيسَىٰ مِنْهُمُ ٱلْكُفْرَ قَالَ مَنْ أَنصَارِىٓ إِلَى ٱللَّهِ ۖ قَالَ ٱلْحَوَارِيُّونَ نَحْنُ أَنصَارُ ٱللَّهِ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ وَٱشْهَدْ بِأَنَّا مُسْلِمُونَ ﴿٥٢﴾

53. "Nkosi yethu siyakholelwa kulokho okwembulele futhi silandela isiThunywa [u *Isa*] ngakhoke silobe kanye nalabo abafakazayo."

رَبَّنَآ ءَامَنَّا بِمَآ أَنزَلۡتَ وَٱتَّبَعۡنَا ٱلرَّسُولَ فَٱكۡتُبۡنَا مَعَ ٱلشَّٰهِدِينَ ﴿٥٣﴾

54. Babe sebakha uzungu[1], kepha u Allah naye walwakha, bheka ngoba u Allah ulwakha ngobuchule.

وَمَكَرُواْ وَمَكَرَ ٱللَّهُۖ وَٱللَّهُ خَيۡرُ ٱلۡمَٰكِرِينَ ﴿٥٤﴾

55. Mhla ethi: "Isa ngizokususa emhlabeni ngikunyusele Kimi futhi ngizokuhlenga kulabo abangakholwa, kanti futhi ngiyakubeka labo abakulandela phezu kwalabo abangakholwa kuze kube uSuku lokwaHlulelwa[2]. Niyobeke senibuyela Kimi ukuze ngehlulele phakathi kwenu kulokho ebiniphikisana ngakho."

إِذۡ قَالَ ٱللَّهُ يَٰعِيسَىٰٓ إِنِّي مُتَوَفِّيكَ وَرَافِعُكَ إِلَيَّ وَمُطَهِّرُكَ مِنَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَجَاعِلُ ٱلَّذِينَ ٱتَّبَعُوكَ فَوۡقَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓاْ إِلَىٰ يَوۡمِ ٱلۡقِيَٰمَةِۖ ثُمَّ إِلَيَّ مَرۡجِعُكُمۡ فَأَحۡكُمُ بَيۡنَكُمۡ فِيمَا كُنتُمۡ فِيهِ تَخۡتَلِفُونَ ﴿٥٥﴾

56. Kuyokuthi labo abangakholwa ngibajezise isijeziso esinzima emhlabeni nakweLizayo futhi akekho oyabasiza.

فَأَمَّا ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ فَأُعَذِّبُهُمۡ عَذَابٗا شَدِيدٗا فِي ٱلدُّنۡيَا وَٱلۡأٓخِرَةِ وَمَا لَهُم مِّن نَّٰصِرِينَ ﴿٥٦﴾

57. Kanti labo abakholwayo futhi benze okuhle uyobaklomelisa imivuzo yabo ngokugcwele, futhi u Allah akabathandi abaphambukileyo.

وَأَمَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ فَيُوَفِّيهِمۡ أُجُورَهُمۡۗ وَٱللَّهُ لَا يُحِبُّ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٥٧﴾

1 Lolu kwabe kuwuzungu lokubulala u Isa ka Mariyamu isiThunywa sika Allah.

2 Lesi sambulo siwubufakazi ekutheni u Isa ka Mariyamu akafanga yingakho esazophinde abuye emhlabeni ukuze azophila impilo yakhe njengawo wonke umuntu kuze kube uyashona.

ذَٰلِكَ نَتۡلُوهُ عَلَيۡكَ مِنَ ٱلۡأٓيَٰتِ وَٱلذِّكۡرِ ٱلۡحَكِيمِ ﴿٥٨﴾

58. Konke lokhu esikulandisa kona, kuwubufakazi nesiKhumbuzo esikhaliphile.

إِنَّ مَثَلَ عِيسَىٰ عِندَ ٱللَّهِ كَمَثَلِ ءَادَمَۖ خَلَقَهُۥ مِن تُرَابٖ ثُمَّ قَالَ لَهُۥ كُن فَيَكُونُ ﴿٥٩﴾

59. Bheka ngoba isimo sika *Isa* ku Allah siyefana nesimo sika *Adamu* ngokuba wamdala [u Adamu]ngomhlabathi wabe esethi kuye: 'Iba khona' wabakhona[1].

ٱلۡحَقُّ مِن رَّبِّكَ فَلَا تَكُن مِّنَ ٱلۡمُمۡتَرِينَ ﴿٦٠﴾

60. Lokhuke iqiniso elivela eNkosini yakho ngakhoke ungabi ongabazayo.

فَمَنۡ حَآجَّكَ فِيهِ مِنۢ بَعۡدِ مَا جَآءَكَ مِنَ ٱلۡعِلۡمِ فَقُلۡ تَعَالَوۡاْ نَدۡعُ أَبۡنَآءَنَا وَأَبۡنَآءَكُمۡ وَنِسَآءَنَا وَنِسَآءَكُمۡ وَأَنفُسَنَا وَأَنفُسَكُمۡ ثُمَّ نَبۡتَهِلۡ فَنَجۡعَل لَّعۡنَتَ ٱللَّهِ عَلَى ٱلۡكَٰذِبِينَ ﴿٦١﴾

61. Kanti-ke uma kukhona ophikisana nawe kulokhu emuva kolwazi osunalo Yithi: "Wozani simeme izingane zethu nezenu nabafazi bethu nabenu nathi ziqu zethu kanye nani, bese sikhulekela isiqalekiso sika Allah sibe kulabo abaqamba amanga".

إِنَّ هَٰذَا لَهُوَ ٱلۡقَصَصُ ٱلۡحَقُّۚ وَمَا مِنۡ إِلَٰهٍ إِلَّا ٱللَّهُۚ وَإِنَّ ٱللَّهَ لَهُوَ ٱلۡعَزِيزُ ٱلۡحَكِيمُ ﴿٦٢﴾

62. Ngempela lezindaba ziyiqiniso, futhi akekho ofanele ukukhonzwa ngaphandle kuka Allah, kanti u Allah nguyena uSomandla Onokukhalipha konke.

فَإِن تَوَلَّوۡاْ فَإِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمُۢ بِٱلۡمُفۡسِدِينَ ﴿٦٣﴾

63. Kepha uma bedikila; u Allah ubazi kahle labo abangamahlongandlebe.

1 Ukudalwa kuka Isa ka Mariyamu akumangazi ukundlula ukudalwa kuka Adamu. Bheka ngoba Adamu wadalwa ngaphandle kuka mama no baba, kepha u Isa wazalwa ngaphandle nje kuka baba, kuthi isintu sonke sona sadalwa kumama nobaba.

64. Yithi [Muhamadi]: "Nina abeMibhalo wozani sibe izwi linye esivumelana ngalo phakathi kwethu nani, elithi, 'singakhonzi lutho ngaphandle kuka Allah futhi singambhanqi nalutho futhi singakhonzani sisodwa ngaphandle kuka Allah." Kepha uma bedikila, anibothi: "Sifakazeleni ke ukuthi yithina amaMusilimu"

قُلْ يَٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ تَعَالَوْا۟ إِلَىٰ كَلِمَةٍ سَوَآءٍۭ بَيْنَنَا وَبَيْنَكُمْ أَلَّا نَعْبُدَ إِلَّا ٱللَّهَ وَلَا نُشْرِكَ بِهِۦ شَيْـًٔا وَلَا يَتَّخِذَ بَعْضُنَا بَعْضًا أَرْبَابًا مِّن دُونِ ٱللَّهِ ۚ فَإِن تَوَلَّوْا۟ فَقُولُوا۟ ٱشْهَدُوا۟ بِأَنَّا مُسْلِمُونَ ﴿٦٤﴾

65. Nina abeMibhalo! kungani niphikisana mayelana no *Ibhirahimu* nakuba *iTora* ne *Ininjili* kwembulelwa emuva kwakhe, aniqondi na?

يَٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ لِمَ تُحَآجُّونَ فِىٓ إِبْرَٰهِيمَ وَمَآ أُنزِلَتِ ٱلتَّوْرَىٰةُ وَٱلْإِنجِيلُ إِلَّا مِنۢ بَعْدِهِۦٓ ۚ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٦٥﴾

66. Yini kanye laba eniphikisana kulokho enikwaziyo; yinganike seniphikisana ngalokho eningakwazi na? Bheka u Allah uyazi kepha nina anazi.

هَٰٓأَنتُمْ هَٰٓؤُلَآءِ حَٰجَجْتُمْ فِيمَا لَكُم بِهِۦ عِلْمٌ فَلِمَ تُحَآجُّونَ فِيمَا لَيْسَ لَكُم بِهِۦ عِلْمٌ ۚ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ وَأَنتُمْ لَا تَعْلَمُونَ ﴿٦٦﴾

67. U *Ibhirahimu* wayengelona *iJuda* noma u*Mnasarina*, kepha ubeyi*Musilimu* elimsulwa futhi engesona isikhonzi zithixo.

مَا كَانَ إِبْرَٰهِيمُ يَهُودِيًّا وَلَا نَصْرَانِيًّا وَلَٰكِن كَانَ حَنِيفًا مُّسْلِمًا وَمَا كَانَ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿٦٧﴾

68. Eqinisweni, abantu abasondelene no *Ibhirahimu* abalandeli bakhe kanye nalesiSithunywa [uMuhamadi] nalabo abakholwayo, futhi u Allah ungumngani wabakholwayo.

إِنَّ أَوْلَى ٱلنَّاسِ بِإِبْرَٰهِيمَ لَلَّذِينَ ٱتَّبَعُوهُ وَهَٰذَا ٱلنَّبِىُّ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ۗ وَٱللَّهُ وَلِىُّ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٦٨﴾

69. Kunoquqaba kulabo beMibhalo elilangazelela ukuba linidukise. Empeleni bazidukisa bona uqobo kepha abazi.

وَدَّت طَّآئِفَةٌ مِّنْ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ لَوْ يُضِلُّونَكُمْ ۖ وَمَا يُضِلُّونَ إِلَّآ أَنفُسَهُمْ وَمَا يَشْعُرُونَ ﴿٦٩﴾

يَٰٓأَهۡلَ ٱلۡكِتَٰبِ لِمَ تَكۡفُرُونَ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ وَأَنتُمۡ تَشۡهَدُونَ ٧٠

70. Nina beMibhalo! kungani niphika izambulo zika Allah kepha nibe ningofakazi na?

يَٰٓأَهۡلَ ٱلۡكِتَٰبِ لِمَ تَلۡبِسُونَ ٱلۡحَقَّ بِٱلۡبَٰطِلِ وَتَكۡتُمُونَ ٱلۡحَقَّ وَأَنتُمۡ تَعۡلَمُونَ ٧١

71. Nina beMibhalo! kungani nixuba iqiniso ngamanga futhi nigodle iqiniso nibe nilazi na?

وَقَالَت طَّآئِفَةٞ مِّنۡ أَهۡلِ ٱلۡكِتَٰبِ ءَامِنُواْ بِٱلَّذِيٓ أُنزِلَ عَلَى ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَجۡهَ ٱلنَّهَارِ وَٱكۡفُرُوٓاْ ءَاخِرَهُۥ لَعَلَّهُمۡ يَرۡجِعُونَ ٧٢

72. Futhi kunoquqaba kulabo beMibhalo oluthi: "Kholwani kulokho okwembulelwe kulabo abakholwayo emini, kepha nikuchithe lapho seliyoshona hleze babuye."

وَلَا تُؤۡمِنُوٓاْ إِلَّا لِمَن تَبِعَ دِينَكُمۡ قُلۡ إِنَّ ٱلۡهُدَىٰ هُدَى ٱللَّهِ أَن يُؤۡتَىٰٓ أَحَدٞ مِّثۡلَ مَآ أُوتِيتُمۡ أَوۡ يُحَآجُّوكُمۡ عِندَ رَبِّكُمۡۗ قُلۡ إِنَّ ٱلۡفَضۡلَ بِيَدِ ٱللَّهِ يُؤۡتِيهِ مَن يَشَآءُۗ وَٱللَّهُ وَٰسِعٌ عَلِيمٞ ٧٣

73. "Futhi ningakholwa muntu ngaphandle kwalowo olandela inkolo yenu... – Yithi: 'indlela eqondile ileyo engeka Allah kuphela' – funa abanye baphiwe lokho enaphiwa kona bese benimangalela eNkosini yenu." Yithi: "Umusa useZandleni zika Allah uwupha lowo amthandayo ngokuba u Allah wengamele izinto zonke wazi konke.

يَخۡتَصُّ بِرَحۡمَتِهِۦ مَن يَشَآءُۗ وَٱللَّهُ ذُو ٱلۡفَضۡلِ ٱلۡعَظِيمِ ٧٤

74. Wabela umusa Wakhe lowo amthandayo, ngokuba u Allah unomusa oyinala.

*وَمِنۡ أَهۡلِ ٱلۡكِتَٰبِ مَنۡ إِن تَأۡمَنۡهُ بِقِنطَارٖ يُؤَدِّهِۦٓ إِلَيۡكَ وَمِنۡهُم مَّنۡ إِن تَأۡمَنۡهُ بِدِينَارٖ لَّا يُؤَدِّهِۦٓ إِلَيۡكَ إِلَّا مَا دُمۡتَ عَلَيۡهِ قَآئِمٗاۗ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمۡ قَالُواْ لَيۡسَ عَلَيۡنَا فِي ٱلۡأُمِّيِّـۧنَ سَبِيلٞ وَيَقُولُونَ عَلَى ٱللَّهِ ٱلۡكَذِبَ وَهُمۡ يَعۡلَمُونَ ٧٥

75. Futhi kulabo beMibhalo kunalabo uma umbambise izindodla zomcebo uyakubuyisela wona, kepha kunalabo uma umbambisa *idinari* elilodwa akalibuyisi ngaphandle kokuba umlandelele. Lokhu yingoba

bathi: "Asinamsebenzi nalabo abangafundile" futhi bakhuluma amanga ngo Allah ngabomu.

76. Empeleni lowo ogcina isithembiso sakhe futhi azithobe ku Allah; bheka ngoba u Allah uyabathanda labo abazithobayo.

77. Labo abephula isivumelwano no Allah kanye nezifungo zabo ngenxa yenzuzo engatheni, abayikuba nasabelo kweLizayo, bheka ngoba no Allah akayikukhuluma nabo noma ababuke ngosuku lokwaHlulela futhi akayikuba-thethelela, kanti nesijeziso sabo sibuhlungu.

78. Futhi kunalabo kubo abahlanekezela imiyalelo yeMibhalo ngemilomo yabo ukuze nicabange ukuthi [lokhu abakushoyo] kuyingxenye yeMibhalo kepha kube kungeyona ingxenye yeMibhalo. Baqamba amanga aluhlaza ngo Allah ngabomu.

79. Akwenzeki ukuthi umuntu u Allah amuphe iNcwadi ne *Hikima* [izimfundiso] futhi amenze isithunywa, bese athi kubantu: 'Khonzani mina ngaphandle kuka Allah'. Kunalokho uthi kubona; 'Yibani abeluleki abaqotho kulokho enikufundisa abantu nakulokho enikufundayo'.

بَلَىٰ مَنْ أَوْفَىٰ بِعَهْدِهِۦ وَٱتَّقَىٰ فَإِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلْمُتَّقِينَ ﴿٧٦﴾

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَشْتَرُونَ بِعَهْدِ ٱللَّهِ وَأَيْمَٰنِهِمْ ثَمَنًا قَلِيلًا أُو۟لَٰٓئِكَ لَا خَلَٰقَ لَهُمْ فِى ٱلْءَاخِرَةِ وَلَا يُكَلِّمُهُمُ ٱللَّهُ وَلَا يَنظُرُ إِلَيْهِمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ وَلَا يُزَكِّيهِمْ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٧٧﴾

وَإِنَّ مِنْهُمْ لَفَرِيقًا يَلْوُۥنَ أَلْسِنَتَهُم بِٱلْكِتَٰبِ لِتَحْسَبُوهُ مِنَ ٱلْكِتَٰبِ وَمَا هُوَ مِنَ ٱلْكِتَٰبِ وَيَقُولُونَ هُوَ مِنْ عِندِ ٱللَّهِ وَمَا هُوَ مِنْ عِندِ ٱللَّهِ ۖ وَيَقُولُونَ عَلَى ٱللَّهِ ٱلْكَذِبَ وَهُمْ يَعْلَمُونَ ﴿٧٨﴾

مَا كَانَ لِبَشَرٍ أَن يُؤْتِيَهُ ٱللَّهُ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْحُكْمَ وَٱلنُّبُوَّةَ ثُمَّ يَقُولَ لِلنَّاسِ كُونُوا۟ عِبَادًا لِّى مِن دُونِ ٱللَّهِ وَلَٰكِن كُونُوا۟ رَبَّٰنِيِّۦنَ بِمَا كُنتُمْ تُعَلِّمُونَ ٱلْكِتَٰبَ وَبِمَا كُنتُمْ تَدْرُسُونَ ﴿٧٩﴾

وَلَا يَأۡمُرَكُمۡ أَن تَتَّخِذُواْ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةَ وَٱلنَّبِيِّـۧنَ أَرۡبَابًاۚ أَيَأۡمُرُكُم بِٱلۡكُفۡرِ بَعۡدَ إِذۡ أَنتُم مُّسۡلِمُونَ ﴿٨٠﴾

80. Futhi akaniyaleli ukuba nikhonze izingelosi kumbe izithunywa. Anganiyalela kanjani ngokungakholwa nibe seningamakholwa.

وَإِذۡ أَخَذَ ٱللَّهُ مِيثَٰقَ ٱلنَّبِيِّـۧنَ لَمَآ ءَاتَيۡتُكُم مِّن كِتَٰبٖ وَحِكۡمَةٖ ثُمَّ جَآءَكُمۡ رَسُولٞ مُّصَدِّقٞ لِّمَا مَعَكُمۡ لَتُؤۡمِنُنَّ بِهِۦ وَلَتَنصُرُنَّهُۥۚ قَالَ ءَأَقۡرَرۡتُمۡ وَأَخَذۡتُمۡ عَلَىٰ ذَٰلِكُمۡ إِصۡرِيۖ قَالُوٓاْ أَقۡرَرۡنَاۚ قَالَ فَٱشۡهَدُواْ وَأَنَا۠ مَعَكُم مِّنَ ٱلشَّٰهِدِينَ ﴿٨١﴾

81. Khumbula ukuthi u Allah wenza isivumelwano nezithunywa zonke, wathi: 'kuleziNcwadi nobuhlakani enginiphe bona, uma kufika isithunywa esifakazela lokhu eninakho, niyokho-lelwa kuso futhi nisilekelele' wabe esethi [u Allah]: "Ingabe niyavuma futhi nenza isibophezelo nami kulokho na? Zathi [izithunywa]: "Siyavuma". Wabe esathi [u Allah]: "Yibani ofakazi ngokuba ngikufakazi kanye nani!"

فَمَن تَوَلَّىٰ بَعۡدَ ذَٰلِكَ فَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡفَٰسِقُونَ ﴿٨٢﴾

82. Lowo ongeke akugcine lokho uyakuba ngophambukileyo.

أَفَغَيۡرَ دِينِ ٱللَّهِ يَبۡغُونَ وَلَهُۥٓ أَسۡلَمَ مَن فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِ طَوۡعٗا وَكَرۡهٗا وَإِلَيۡهِ يُرۡجَعُونَ ﴿٨٣﴾

83. Ingabe bafuna enye indlela ngaphadle kwendlela ka Allah na? Bheka ngoba konke okusemazulwini nasemhlabeni kuthobela yena kuthanda kungathandi, kanti futhi bayobuyela kuye [u Allah].

قُلۡ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ وَمَآ أُنزِلَ عَلَيۡنَا وَمَآ أُنزِلَ عَلَىٰٓ إِبۡرَٰهِيمَ وَإِسۡمَٰعِيلَ وَإِسۡحَٰقَ وَيَعۡقُوبَ وَٱلۡأَسۡبَاطِ وَمَآ أُوتِيَ مُوسَىٰ وَعِيسَىٰ وَٱلنَّبِيُّونَ مِن رَّبِّهِمۡ لَا نُفَرِّقُ بَيۡنَ أَحَدٖ مِّنۡهُمۡ وَنَحۡنُ لَهُۥ مُسۡلِمُونَ ﴿٨٤﴾

84. Yithi: "Sikholwa ku Allah nakulokho ekwembulelwa kithi kanjalo nokwembulelwa ku *Ibhirahimu* no *Isima'ili* no *Isihaki* no *Yakubu* kanye nama *Asibati*, futhi nakulokho okwaphiwa *uMusa* no *Isa*

nezinye iziThunywa kuvela eNkosini yabo – asicwasu muntu kubo- futhi sizinikele kuYe [u Allah].

85. Lowo oyokhetha enye indlela yokuphila ngaphandle kwe *Isilamu*, ayisoze yamukelwa ngaye, futhi kweLizayo uyakuba ngolahlekelwe.

وَمَن يَبْتَغِ غَيْرَ ٱلْإِسْلَٰمِ دِينًا فَلَن يُقْبَلَ مِنْهُ وَهُوَ فِى ٱلْءَاخِرَةِ مِنَ ٱلْخَٰسِرِينَ ﴿٨٥﴾

86. U Allah angabahlenga kanjani na? abantu abaphika ukholo emuva kokukholwa kwabo baphinde bafakaza ukuthi isiThunywa singeseqiniso bathola nobufakazi.! U Allah akabahlengi abantu abaziphambukisayo.

كَيْفَ يَهْدِى ٱللَّهُ قَوْمًا كَفَرُوا۟ بَعْدَ إِيمَٰنِهِمْ وَشَهِدُوٓا۟ أَنَّ ٱلرَّسُولَ حَقٌّ وَجَآءَهُمُ ٱلْبَيِّنَٰتُ ۚ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٨٦﴾

87. Laboke isijeziso sabo kuyakuba isiqalekiso sika Allah neZingelosi nesintu sonkana.

أُو۟لَٰٓئِكَ جَزَآؤُهُمْ أَنَّ عَلَيْهِمْ لَعْنَةَ ٱللَّهِ وَٱلْمَلَٰٓئِكَةِ وَٱلنَّاسِ أَجْمَعِينَ ﴿٨٧﴾

88. Bayobhadla kuso [isiqalekiso]; kanti abasoze baxegiselwa isijeziso futhi abayikunikwa elinye ithuba.

خَٰلِدِينَ فِيهَا لَا يُخَفَّفُ عَنْهُمُ ٱلْعَذَابُ وَلَا هُمْ يُنظَرُونَ ﴿٨٨﴾

89. Ngaphandle nje kwalabo abacela intethelelo emuva kwalokho benze nokulingile; belu u Allah ungu-Mthetheleli Onesihawu.

إِلَّا ٱلَّذِينَ تَابُوا۟ مِنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ وَأَصْلَحُوا۟ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٨٩﴾

90. Kepha labo abaphika ukholo emuva kokukholwa kwabo futhi bagxile ekungakholweni kwabo; abasoze bathethe-lelwa futhi yibona kanye abadukileyo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بَعْدَ إِيمَٰنِهِمْ ثُمَّ ٱزْدَادُوا۟ كُفْرًا لَّن تُقْبَلَ تَوْبَتُهُمْ وَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلضَّآلُّونَ ﴿٩٠﴾

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَمَاتُواْ وَهُمۡ كُفَّارٞ فَلَن يُقۡبَلَ مِنۡ أَحَدِهِم مِّلۡءُ ٱلۡأَرۡضِ ذَهَبٗا وَلَوِ ٱفۡتَدَىٰ بِهِۦٓۗ أُوْلَٰٓئِكَ لَهُمۡ عَذَابٌ أَلِيمٞ وَمَا لَهُم مِّن نَّٰصِرِينَ ﴿٩١﴾

91. Laba abangakholwa baze bafe bengakholwa; noma bengahlawula ngomhlaba ogcwele igolide, awusoze wamkelwa. Yibo kanye laba abayothola isijeziso esibuhlungu futhi akekho obasiza.

لَن تَنَالُواْ ٱلۡبِرَّ حَتَّىٰ تُنفِقُواْ مِمَّا تُحِبُّونَۚ وَمَا تُنفِقُواْ مِن شَيۡءٖ فَإِنَّ ٱللَّهَ بِهِۦ عَلِيمٞ ﴿٩٢﴾

92. Anisoze nakuzuza ukulunga kuze kube ninikela ngalokho okuyigugu. Futhi noma ikuphi eninikela ngakho u Allah uyakwazi.

*كُلُّ ٱلطَّعَامِ كَانَ حِلّٗا لِّبَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ إِلَّا مَا حَرَّمَ إِسۡرَٰٓءِيلُ عَلَىٰ نَفۡسِهِۦ مِن قَبۡلِ أَن تُنَزَّلَ ٱلتَّوۡرَىٰةُۚ قُلۡ فَأۡتُواْ بِٱلتَّوۡرَىٰةِ فَٱتۡلُوهَآ إِن كُنتُمۡ صَٰدِقِينَ ﴿٩٣﴾

93. Konke ukudla kwakuvumelekile kusizwe sama *Isirayeli* ngale kwalokho u *Isirayeli*[1] azithiba yena ngokwakhe ngaphambi kokuba kufike i*Tora*. Yithi: "Lethani i*Tora* niyifunde uma ngempela niqinisile".

فَمَنِ ٱفۡتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ ٱلۡكَذِبَ مِنۢ بَعۡدِ ذَٰلِكَ فَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ﴿٩٤﴾

94. Emuva kwalokho, labo abayoqamba amanga ngo Allah, yibona kanye abaphambukile.

قُلۡ صَدَقَ ٱللَّهُۗ فَٱتَّبِعُواْ مِلَّةَ إِبۡرَٰهِيمَ حَنِيفٗاۖ وَمَا كَانَ مِنَ ٱلۡمُشۡرِكِينَ ﴿٩٥﴾

95. Yithi: "u Allah ukhuluma iqiniso! Ngakhoke landelani inkolo ka Ibhirahimu emsulwa futhi wayengeyena okhonza izithixo!"

إِنَّ أَوَّلَ بَيۡتٖ وُضِعَ لِلنَّاسِ لَلَّذِي بِبَكَّةَ مُبَارَكٗا وَهُدٗى لِّلۡعَٰلَمِينَ ﴿٩٦﴾

96. Indlu yokuqala nqa eyamiselwa isintu, yilena ese*Bhaka* [*eMakha*] njengesibusiso nenkokhelo ezizweni.

1 U Isirayeli lona, nguYakubu ka Isihaki ka Ibhirahimu, okunguyena ubaba mkhulu wazo zonke izizwana eziyi – 12 zamaJuda.

فِيهِ ءَايَٰتُۢ بَيِّنَٰتٌ مَّقَامُ إِبْرَٰهِيمَ ۖ وَمَن دَخَلَهُۥ كَانَ ءَامِنًا ۗ وَلِلَّهِ عَلَى ٱلنَّاسِ حِجُّ ٱلْبَيْتِ مَنِ ٱسْتَطَاعَ إِلَيْهِ سَبِيلًا ۚ وَمَن كَفَرَ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَنِىٌّ عَنِ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٩٧﴾

97. Kunezinkomba ezicacile khona; isizinza sika Ibhirahimu. Futhi lowo ongena kuyo uphephile; u Allah uphoqelele isintu ukuba siyokwenza iHaji kuleNdlu kulowo onamandla okuya kuyo, kepha loyo ophika ukholo u Allah uzimele akadingi lutho ezizweni.

قُلْ يَٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ لِمَ تَكْفُرُونَ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ وَٱللَّهُ شَهِيدٌ عَلَىٰ مَا تَعْمَلُونَ ﴿٩٨﴾

98. Yithi: "Nina beMibhalo! Kungani na niphika imibiko yaka Allah nakuba u Allah ekuqaphe konke enikwenzayo?"

قُلْ يَٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ لِمَ تَصُدُّونَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ مَنْ ءَامَنَ تَبْغُونَهَا عِوَجًا وَأَنتُمْ شُهَدَآءُ ۗ وَمَا ٱللَّهُ بِغَٰفِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿٩٩﴾

99. Yithi: "Nina beMibhalo! Kungani nivimba endleni ka Allah labo abakholwayo nibafunela impambuko nakuba ningofakazi; futhi akusikho ukuthi u Allah akakuqaphile enikwenzayo".

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِن تُطِيعُوا۟ فَرِيقًا مِّنَ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ يَرُدُّوكُم بَعْدَ إِيمَٰنِكُمْ كَٰفِرِينَ ﴿١٠٠﴾

100. Nina enikholwayo! Uma nike nalinga ukulalela abanye balabo abanikwa iMibhalo, bayonenza abangakholwa emuva kokholo lwenu.

وَكَيْفَ تَكْفُرُونَ وَأَنتُمْ تُتْلَىٰ عَلَيْكُمْ ءَايَٰتُ ٱللَّهِ وَفِيكُمْ رَسُولُهُۥ ۗ وَمَن يَعْتَصِم بِٱللَّهِ فَقَدْ هُدِىَ إِلَىٰ صِرَٰطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿١٠١﴾

101. Ningaphenduka kanjani abangakholwa na, nibe nifundelwa imibiko yaka Allah kanti neSithunywa Sakhe sinani. Lowo oyobambelela ku Allah, ungoholelwe endleleni eqondile.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ حَقَّ تُقَاتِهِۦ وَلَا تَمُوتُنَّ إِلَّا وَأَنتُم مُّسْلِمُونَ ﴿١٠٢﴾

102. Nina enikholwayo! Thobelani u Allah kokufanele futhi niqikele ukuba nife ningamaMusilimu.

وَٱعْتَصِمُواْ بِحَبْلِ ٱللَّهِ جَمِيعًا وَلَا تَفَرَّقُواْ ۚ وَٱذْكُرُواْ نِعْمَتَ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ إِذْ كُنتُمْ أَعْدَآءً فَأَلَّفَ بَيْنَ قُلُوبِكُمْ فَأَصْبَحْتُم بِنِعْمَتِهِۦٓ إِخْوَٰنًا وَكُنتُمْ عَلَىٰ شَفَا حُفْرَةٍ مِّنَ ٱلنَّارِ فَأَنقَذَكُم مِّنْهَا ۗ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمْ ءَايَٰتِهِۦ لَعَلَّكُمْ تَهْتَدُونَ ﴿١٠٣﴾

103. Bambelelani nonke entanjeni[1] ka Allah ningahlakazeki, futhi nikhumbule isibusiso sika Allah kini mhla niyizitha wenza izinhliziyo zenu zabuyisana, naphenduka abozalo ngesibusiso Sakhe, nakuba nanikade senisencupheni yewa lomlilo, Wanihlenga kuwo. Kanjalo u Allah unicacisela izibonakaliso Zakhe funa nibe abaqondileyo.

وَلْتَكُن مِّنكُمْ أُمَّةٌ يَدْعُونَ إِلَى ٱلْخَيْرِ وَيَأْمُرُونَ بِٱلْمَعْرُوفِ وَيَنْهَوْنَ عَنِ ٱلْمُنكَرِ ۚ وَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُفْلِحُونَ ﴿١٠٤﴾

104. Makube khona kini yithimba elizobizela kokuhle, ligqugquzele ukulunga futhi lexwayise ngokubi; yiboke labo abayophumelela.

وَلَا تَكُونُواْ كَٱلَّذِينَ تَفَرَّقُواْ وَٱخْتَلَفُواْ مِنۢ بَعْدِ مَا جَآءَهُمُ ٱلْبَيِّنَٰتُ ۚ وَأُوْلَٰٓئِكَ لَهُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿١٠٥﴾

105. Futhi ningabi njengalabo abahlakazeka futhi baphikisana ngemuva kokufika kwezambulo kubo; yiboke labo abayothola isijeziso esinzima.

يَوْمَ تَبْيَضُّ وُجُوهٌ وَتَسْوَدُّ وُجُوهٌ ۚ فَأَمَّا ٱلَّذِينَ ٱسْوَدَّتْ وُجُوهُهُمْ أَكَفَرْتُم بَعْدَ إِيمَٰنِكُمْ فَذُوقُواْ ٱلْعَذَابَ بِمَا كُنتُمْ تَكْفُرُونَ ﴿١٠٦﴾

106. Ngosuku lapho ubuso buyoba mhlophe obunye bube mnyama. Laboke ubuso babo buyoba mnyama, bayobuzwa: "Ingabe naphika ukholo emuva kokholo lwenu, yizwanike isijeziso sokungakholwa kwenu".

1 Intambo ka Allah imiyalelo Yakhe yonke kanye nezimfundiso zeSithunywa Sakhe, bese kuthi ukubambelela kuyo, ukuyithobela ngokuphelele.

وَأَمَّا ٱلَّذِينَ ٱبۡيَضَّتۡ وُجُوهُهُمۡ فَفِي رَحۡمَةِ ٱللَّهِۖ هُمۡ فِيهَا خَٰلِدُونَ ١٠٧

107. Kuthi labo ubuso babo buyoba mhlophe babe semseni[1] ka Allah bahlale khona unaphakade.

تِلۡكَ ءَايَٰتُ ٱللَّهِ نَتۡلُوهَا عَلَيۡكَ بِٱلۡحَقِّۗ وَمَا ٱللَّهُ يُرِيدُ ظُلۡمٗا لِّلۡعَٰلَمِينَ ١٠٨

108. Lezoke izambulo zika Allah esikufundela zona ngeqiniso, futhi u Allah akayifuni icindezelo ezizweni.

وَلِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۚ وَإِلَى ٱللَّهِ تُرۡجَعُ ٱلۡأُمُورُ ١٠٩

109. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah, futhi zonke izinto ziyobuyela Kuye.

كُنتُمۡ خَيۡرَ أُمَّةٍ أُخۡرِجَتۡ لِلنَّاسِ تَأۡمُرُونَ بِٱلۡمَعۡرُوفِ وَتَنۡهَوۡنَ عَنِ ٱلۡمُنكَرِ وَتُؤۡمِنُونَ بِٱللَّهِۗ وَلَوۡ ءَامَنَ أَهۡلُ ٱلۡكِتَٰبِ لَكَانَ خَيۡرٗا لَّهُمۚ مِّنۡهُمُ ٱلۡمُؤۡمِنُونَ وَأَكۡثَرُهُمُ ٱلۡفَٰسِقُونَ ١١٠

110. Niyisizwe esikhethekile esimiselwe ukusiza abantu ngokugqugquzela ukulunga[2] nangokuxwayisa ngokubi[3] futhi nikholelwe ku Allah. Uma abeMibhalo bengakholwa nje kuyokuba kuhle kubo; kunalabo kubo abakholwayo kepha iningi liyiziphulamthetho.

لَن يَضُرُّوكُمۡ إِلَّآ أَذٗىۖ وَإِن يُقَٰتِلُوكُمۡ يُوَلُّوكُمُ ٱلۡأَدۡبَارَ ثُمَّ لَا يُنصَرُونَ ١١١

111. Abasoze banilimaza ngalutho ngaphandle kokuhlambalaza, futhi uma benilwisa bayonibalekela, bheka ngoba abayikusizwa muntu.

---

1 Umusa ka Allah okukhulunywa ngawo la, iJana. Kadeni iSithunywa sika Allah sakubeka kwacaca ukuthi: "Akekho oyongena eJana [ezulwini] ngezenzo zakhe" Bathi: "Ngisho nawe Sithunywa sika Allah!" Wathi: "Ngisho nami impela, ngaphandleke uma u Allah engithela ngomusa Wakhe". [Bhuhari no Musilimu]. Ngakhoke iMusilimu ngezenzo zalo lisuke lizincengela umusa ka Allah.

2 Ilokho i-Isilamu ekuncomayo nekuqhakambisayo. Kuthi okungokokuqala ohlwini lezenzo zokulunga ukuqhakambisa iTawuhidi, uBunye buka Allah, njengoMdali, noMphathi noMlawuli wakho konke, okunguyena yedwa vo okumele akhonzwe.

3 Ilokho i-Isilamu ekuhlabayo nekugxekayo. Kuthi *iShiriki,* ukubhanqa u Allah nezimbangi, kube isenzo esibi kunazo zonke. Bheka ngoba lowo ozibandakanya neShiriki uhlambalaza igama lika Allah ngokumfanisa nendalo Yakhe, akukho ukweyisa okwendlula lokhu!

ضُرِبَتْ عَلَيْهِمُ ٱلذِّلَّةُ أَيْنَ مَا ثُقِفُوٓاْ إِلَّا
بِحَبْلٍ مِّنَ ٱللَّهِ وَحَبْلٍ مِّنَ ٱلنَّاسِ وَبَآءُو
بِغَضَبٍ مِّنَ ٱللَّهِ وَضُرِبَتْ عَلَيْهِمُ
ٱلْمَسْكَنَةُ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ كَانُواْ يَكْفُرُونَ
بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ وَيَقْتُلُونَ ٱلْأَنۢبِيَآءَ بِغَيْرِ حَقٍّ
ذَٰلِكَ بِمَا عَصَواْ وَّكَانُواْ يَعْتَدُونَ ﴿١١٢﴾

112. Lokhu bathweswe isigcwagcwa kuyo yonke indawo la betholakala khona, ngaphandle uma bevikelwe isivumelwano esivela ku Allah noma abantu; futhi bazizuzele intukuthelo evela ku Allah, futhi bethweswa inhlupheko. Konke lokhu kungenxa yendelelo yabo nokwephula imithetho.

*لَيْسُواْ سَوَآءً ۗ مِّنْ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ أُمَّةٌ
قَآئِمَةٌ يَتْلُونَ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ ءَانَآءَ ٱلَّيْلِ
وَهُمْ يَسْجُدُونَ ﴿١١٣﴾

113. Kepha abafani bonke, kwabeMibhalo kunabantu abaqotho, bahaya imibiko zika Allah maphakathi nobusuku lapho bekhuleka bewa phansi ngobuso.

يُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْـَٔاخِرِ وَيَأْمُرُونَ
بِٱلْمَعْرُوفِ وَيَنْهَوْنَ عَنِ ٱلْمُنكَرِ
وَيُسَٰرِعُونَ فِى ٱلْخَيْرَٰتِ ۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ مِنَ
ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿١١٤﴾

114. Bakholelwa ku Allah noSuku lokuGcina baphinde bagqugquzele ukulunga bavimbe okubi, bebe bayancintisana ekwenzeni okuhle. Labo bangabalungileyo.

وَمَا يَفْعَلُواْ مِنْ خَيْرٍ فَلَن يُكْفَرُوهُ ۗ
وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِٱلْمُتَّقِينَ ﴿١١٥﴾

115. Konke okuhle abakwenzayo akusoze kwaba yize, ngokuba u Allah ubazi kahle abazithobayo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَن تُغْنِىَ عَنْهُمْ
أَمْوَٰلُهُمْ وَلَآ أَوْلَٰدُهُم مِّنَ ٱللَّهِ شَيْـًٔا ۖ
وَأُوْلَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا
خَٰلِدُونَ ﴿١١٦﴾

116. Kanti laba abangakholwa, ingcebo yabo nezingane zabo aziyikubasiza ngalutho ku Allah; futhi yibo labo abayobhadla eMlilweni, bahlale kuwo unaphakade.

مَثَلُ مَا يُنفِقُونَ فِي هَٰذِهِ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا كَمَثَلِ رِيحٍ فِيهَا صِرٌّ أَصَابَتْ حَرْثَ قَوْمٍ ظَلَمُوٓاْ أَنفُسَهُمْ فَأَهْلَكَتْهُ ۚ وَمَا ظَلَمَهُمُ ٱللَّهُ وَلَٰكِنْ أَنفُسَهُمْ يَظْلِمُونَ ﴿١١٧﴾

117. Lokho abanikele ngakho lapha emhlabeni, kufaniswa nezitshalo zabantu abazihlukumeze bona uqobo ezicekelwe phansi isivunguvungu esinamakhaza anzima. Belu u Allah akabahlukumezanga, kepha ibona uqobo abazihlukumezile[1].

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَتَّخِذُواْ بِطَانَةً مِّن دُونِكُمْ لَا يَأْلُونَكُمْ خَبَالًا وَدُّواْ مَا عَنِتُّمْ قَدْ بَدَتِ ٱلْبَغْضَآءُ مِنْ أَفْوَٰهِهِمْ وَمَا تُخْفِي صُدُورُهُمْ أَكْبَرُ ۚ قَدْ بَيَّنَّا لَكُمُ ٱلْءَايَٰتِ ۖ إِن كُنتُمْ تَعْقِلُونَ ﴿١١٨﴾

118. Nina enikholwayo! Ningabi nabangani kulabo abangekho ngakini, ngokuba bayazikhandla ekuniletheni okubi futhi banifisela ubunzima. Ubutha babo sebuvelile ngemilomo yabo kanti okufihlwe yizifuba zabo kubi kakhulu. Sinicacisele imibiko uma nje niqondisisa.

هَٰٓأَنتُمْ أُوْلَآءِ تُحِبُّونَهُمْ وَلَا يُحِبُّونَكُمْ وَتُؤْمِنُونَ بِٱلْكِتَٰبِ كُلِّهِۦ ۖ وَإِذَا لَقُوكُمْ قَالُوٓاْ ءَامَنَّا وَإِذَا خَلَوْاْ عَضُّواْ عَلَيْكُمُ ٱلْأَنَامِلَ مِنَ ٱلْغَيْظِ ۚ قُلْ مُوتُواْ بِغَيْظِكُمْ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٌۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿١١٩﴾

119. Belu yini kanye laba niyabathanda kepha bona abanithandi nibe nikholelwa eNcwadini[2] yonke. Kuthi lapho benani bathi: "Siyakholwa" kepha uma sebebodwa, bathukuthele bazilume iminwe ngenxa yenu. Yithi: "Yifani ngentukuthelo yenu!"; u Allah ukwazi kahle okusezifubeni.

1 Ingxenye yemibandela ka Allah ukuze amukele isenzo esihle, ukuthi umenzi wesenzo leso akholelwe ku Allah ngendlela efanele nakuSithunywa Sakhe sokugcina ngokuphelele. Ngakhoke uma umenzi akasilona ikholwa langempela izenzo zakhe ezinhle emhlabeni aziyukumzuzela lutho kweLizayo. Ngalokho u Allah akamonanga ngalutho kepha kuyena ozonile ngokukhetha impambuko.

2 Labo abangakholwa inzondo yabo ebhekiswe kwabakholwayo ayinciphanga yize bazi ukuthi abakholwayo bakholelwa kuyo yonke iMibhalo evela ku Allah.

إِن تَمۡسَسۡكُمۡ حَسَنَةٞ تَسُؤۡهُمۡ وَإِن تُصِبۡكُمۡ سَيِّئَةٞ يَفۡرَحُواْ بِهَاۖ وَإِن تَصۡبِرُواْ وَتَتَّقُواْ لَا يَضُرُّكُمۡ كَيۡدُهُمۡ شَيۡـًٔاۗ إِنَّ ٱللَّهَ بِمَا يَعۡمَلُونَ مُحِيطٞ ﴿١٢٠﴾

120. Uma okuhle kunenzekela, kubaphatha kabi, kepha uma nehlelwa okubi bayathokoza ngakho. Ngakhoke uma nibekezela futhi nithobele u Allah, uzunge lwabo alusoze lwanithinta nakancane; ngokuba u Allah ukuhaqe konke abakwenzayo.

وَإِذۡ غَدَوۡتَ مِنۡ أَهۡلِكَ تُبَوِّئُ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ مَقَٰعِدَ لِلۡقِتَالِۗ وَٱللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿١٢١﴾

121. Khumbula mhla uphuma emzini wakho uyokhombisa abakholwayo izizinza zabo empini[1]; u Allah Uzwa konke Wazi konke.

إِذۡ هَمَّت طَّآئِفَتَانِ مِنكُمۡ أَن تَفۡشَلَا وَٱللَّهُ وَلِيُّهُمَاۗ وَعَلَى ٱللَّهِ فَلۡيَتَوَكَّلِ ٱلۡمُؤۡمِنُونَ ﴿١٢٢﴾

122. Lapho amabutho amabili kini efuna ukubaleka, u Allah waba uMhlengi wabo; labo abakholwayo mabathembele ku Allah.

وَلَقَدۡ نَصَرَكُمُ ٱللَّهُ بِبَدۡرٖ وَأَنتُمۡ أَذِلَّةٞۖ فَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ لَعَلَّكُمۡ تَشۡكُرُونَ ﴿١٢٣﴾

123. Bheka ngoba u Allah wanisiza empini yase*Badari*[2] nibe naniyincosana; ngakhoke thobelani u Allah ukuze nikhombise ukubonga.

إِذۡ تَقُولُ لِلۡمُؤۡمِنِينَ أَلَن يَكۡفِيَكُمۡ أَن يُمِدَّكُمۡ رَبُّكُم بِثَلَٰثَةِ ءَالَٰفٖ مِّنَ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةِ مُنزَلِينَ ﴿١٢٤﴾

124. Khumbula lapho uthi kwabakholwayo: "Angeke kwanela, ukuba Inkosi yenu inandisele ngebutho leZingelosi ezivela phezulu eziyizinkulungwane ezintathu na?"

1 Lena kwakuyimpi yesibili enkulu e-uHudi, phakathi kwamaMusilimu nabangakholwa baseMakha, ababehlome beyizingovolo ukuze baziphindiselele ukunqotshwa kwabo empini yaseBadari.

2 Lena kwakuyimpi yokuqala enkulu phakathi kwama Musilimu nabangakholwa baseMakha. Kwaba ewumnqamula juqu, bheka ngoba amabutho amaMusilimu ayenga-314, kuthi amabutho abangakholwa wona evile enkulungwaneni (1000).

125. Nakanjani! Umake nibekezela futhi nithobele u Allah – beze kini begijima; iNkosi yenu izonandelisa ngebutho leZingelosi ezinophawu eziyizinkulu-ngwane ezinhlanu.

بَلَىٰٓ إِن تَصۡبِرُواْ وَتَتَّقُواْ وَيَأۡتُوكُم مِّن فَوۡرِهِمۡ هَٰذَا يُمۡدِدۡكُمۡ رَبُّكُم بِخَمۡسَةِ ءَالَٰفٖ مِّنَ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةِ مُسَوِّمِينَ ١٢٥

126. U Allah ukwenze lokho ukuba kube yizindaba ezinhle kini nanokuba izinhliziyo zenu zithokoze ngakho; kanti usizo luvela kuphela ku Allah uSomandla Okhaliphile.

وَمَا جَعَلَهُ ٱللَّهُ إِلَّا بُشۡرَىٰ لَكُمۡ وَلِتَطۡمَئِنَّ قُلُوبُكُم بِهِۦۚ وَمَا ٱلنَّصۡرُ إِلَّا مِنۡ عِندِ ٱللَّهِ ٱلۡعَزِيزِ ٱلۡحَكِيمِ ١٢٦

127. Konke lokhu ukuze aqothe abanye balabo abangakholwa noma abahlazise babuyele emuva bedicelelekile.

لِيَقۡطَعَ طَرَفٗا مِّنَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓاْ أَوۡ يَكۡبِتَهُمۡ فَيَنقَلِبُواْ خَآئِبِينَ ١٢٧

128. Ayikho into ongayenza uma u Allah ebathethelela noma ebajezisa, belu baphambukile.

لَيۡسَ لَكَ مِنَ ٱلۡأَمۡرِ شَيۡءٌ أَوۡ يَتُوبَ عَلَيۡهِمۡ أَوۡ يُعَذِّبَهُمۡ فَإِنَّهُمۡ ظَٰلِمُونَ ١٢٨

129. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah; uthethelela lowo amthandayo, ajezise lowo amthandayo; u Allah Uyathethelela Unomusa.

وَلِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۚ يَغۡفِرُ لِمَن يَشَآءُ وَيُعَذِّبُ مَن يَشَآءُۚ وَٱللَّهُ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ١٢٩

130. Nina enikholwayo! Ningadli inzalo ngokuphinda phindiwe, futhi nesabe u Allah ukuze niphumelele.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَأۡكُلُواْ ٱلرِّبَوٰٓاْ أَضۡعَٰفٗا مُّضَٰعَفَةٗۖ وَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ لَعَلَّكُمۡ تُفۡلِحُونَ ١٣٠

131. Nesabe uMlilo olungiselwe labo abangakholwa.

وَٱتَّقُواْ ٱلنَّارَ ٱلَّتِيٓ أُعِدَّتۡ لِلۡكَٰفِرِينَ ١٣١

132. Nilalele u Allah neSithunywa Sakhe ukuze nibusiswe.

وَأَطِيعُواْ ٱللَّهَ وَٱلرَّسُولَ لَعَلَّكُمۡ تُرۡحَمُونَ ١٣٢

133. Futhi niphuthumele entethelweni yeNkosi yenu kanye neJana, ubanzi bayo bungangamazulu nomhlaba, ilungiselwe abamthobelayo u Allah.

*وَسَارِعُوٓاْ إِلَىٰ مَغۡفِرَةٖ مِّن رَّبِّكُمۡ وَجَنَّةٍ عَرۡضُهَا ٱلسَّمَٰوَٰتُ وَٱلۡأَرۡضُ أُعِدَّتۡ لِلۡمُتَّقِينَ ١٣٣

134. Labo abananelana enaleni nasebunzimeni futhi bazithibe lapho bethukuthele, baxolele abantu; u Allah uyabathanda abenzi bokuhle.

ٱلَّذِينَ يُنفِقُونَ فِي ٱلسَّرَّآءِ وَٱلضَّرَّآءِ وَٱلۡكَٰظِمِينَ ٱلۡغَيۡظَ وَٱلۡعَافِينَ عَنِ ٱلنَّاسِۗ وَٱللَّهُ يُحِبُّ ٱلۡمُحۡسِنِينَ ١٣٤

135. Nalabo uma benze ichilo noma benze lokho okubalulazayo; bakhumbule u Allah, bese becela intethelelo yezimpambuko zabo; - akekho othethelela izimpambuko ngaphandle kuka Allah - futhi bengaphindeli kulokho abakwenzile ngabomu.

وَٱلَّذِينَ إِذَا فَعَلُواْ فَٰحِشَةً أَوۡ ظَلَمُوٓاْ أَنفُسَهُمۡ ذَكَرُواْ ٱللَّهَ فَٱسۡتَغۡفَرُواْ لِذُنُوبِهِمۡ وَمَن يَغۡفِرُ ٱلذُّنُوبَ إِلَّا ٱللَّهُ وَلَمۡ يُصِرُّواْ عَلَىٰ مَا فَعَلُواْ وَهُمۡ يَعۡلَمُونَ ١٣٥

136. Laboke umvuzo wabo kuyoba intethelelo yeNkosi yabo nezivande okugobhoza ngaphansi kwazo imifula, bahlale kuzo unaphakade; waze wamuhle umvuzo wabazikhandlayo.

أُوْلَٰٓئِكَ جَزَآؤُهُم مَّغۡفِرَةٞ مِّن رَّبِّهِمۡ وَجَنَّٰتٞ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَاۚ وَنِعۡمَ أَجۡرُ ٱلۡعَٰمِلِينَ ١٣٦

137. Kantike sezadlula izibonelo phambi kwenu; ngakoke, zulani emhlabeni nibone ukuthi saba njani isiphetho salabo abaphika iqiniso.

قَدۡ خَلَتۡ مِن قَبۡلِكُمۡ سُنَنٞ فَسِيرُواْ فِي ٱلۡأَرۡضِ فَٱنظُرُواْ كَيۡفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلۡمُكَذِّبِينَ ١٣٧

138. Lokhu kuyincaciselo kubantu nenkanyiselo nenkuthazo kwabamthobelayo u Allah.

هَٰذَا بَيَانٞ لِّلنَّاسِ وَهُدٗى وَمَوۡعِظَةٞ لِّلۡمُتَّقِينَ ١٣٨

وَلَا تَهِنُوا۟ وَلَا تَحْزَنُوا۟ وَأَنتُمُ ٱلْأَعْلَوْنَ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١٣٩﴾

139. Ningapheli amandla futhi ningabi lusizi, ngokuba kuyogcina nina uma nje ningabakholwayo.

إِن يَمْسَسْكُمْ قَرْحٌ فَقَدْ مَسَّ ٱلْقَوْمَ قَرْحٌ مِّثْلُهُۥ ۚ وَتِلْكَ ٱلْأَيَّامُ نُدَاوِلُهَا بَيْنَ ٱلنَّاسِ وَلِيَعْلَمَ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَيَتَّخِذَ مِنكُمْ شُهَدَآءَ ۗ وَٱللَّهُ لَا يُحِبُّ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٤٠﴾

140. Uma nilamala noma nifa, kanjalo nabanye abantu bathola okufanayo; lezo phela izinsuku u Allah aziguquguqukisa phakathi kwabantu, ukuze uAllah aveze labo abakholwayo futhi aqoke kini ama*Shuhhada*[1]; u Allah akabathandi labo abaphambukayo.

وَلِيُمَحِّصَ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَيَمْحَقَ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿١٤١﴾

141. U Allah ufuna ukuvivinya labo abakholwayo, ashabalalise labo abangamaphixiphixi.

أَمْ حَسِبْتُمْ أَن تَدْخُلُوا۟ ٱلْجَنَّةَ وَلَمَّا يَعْلَمِ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ جَٰهَدُوا۟ مِنكُمْ وَيَعْلَمَ ٱلصَّٰبِرِينَ ﴿١٤٢﴾

142. Ingabe nicabanga ukuthi niyongena e*Jana* ebe u Allah engakabavivinyi labo abazi-khandlayo kini nalabo ababekezelayo na?.

وَلَقَدْ كُنتُمْ تَمَنَّوْنَ ٱلْمَوْتَ مِن قَبْلِ أَن تَلْقَوْهُ فَقَدْ رَأَيْتُمُوهُ وَأَنتُمْ تَنظُرُونَ ﴿١٤٣﴾

143. Kadeni nanikulangezelela ukufa ngaphambi kokuba nihlangabezane nakho; nakubona nqo, nibhekile.

وَمَا مُحَمَّدٌ إِلَّا رَسُولٌ قَدْ خَلَتْ مِن قَبْلِهِ ٱلرُّسُلُ ۚ أَفَإِيْن مَّاتَ أَوْ قُتِلَ ٱنقَلَبْتُمْ عَلَىٰٓ أَعْقَٰبِكُمْ ۚ وَمَن يَنقَلِبْ عَلَىٰ عَقِبَيْهِ فَلَن يَضُرَّ ٱللَّهَ شَيْـًٔا ۗ وَسَيَجْزِى ٱللَّهُ ٱلشَّٰكِرِينَ ﴿١٤٤﴾

144. *UMuhamadi* wayekade eyiSithunywa nje kuphela, kanti futhi kuneZithunywa ezimendulelayo. Ingabe uma esekhotheme noma ebulewe niya-kuphindela emuva na? Lowo oyobuyela emuva, akasoze alimaza u Allah ngalutho; u Allah uyoklomelisa ababongayo.

1 Amaqhawe afela empini.

145. Akekho umuntu ofayo ngaphandle kwentando ka Allah ngesikhathi esiqunyiwe. Lowo ofuna inzuzo yomhlaba Sizomnika[1] kuyo nalowo ofuna inzuzo yakweLizayo Sizomnika kuyo futhi Siyobaklomelisa ababongayo.

وَمَا كَانَ لِنَفْسٍ أَن تَمُوتَ إِلَّا بِإِذْنِ ٱللَّهِ كِتَٰبًا مُّؤَجَّلًا ۗ وَمَن يُرِدْ ثَوَابَ ٱلدُّنْيَا نُؤْتِهِۦ مِنْهَا وَمَن يُرِدْ ثَوَابَ ٱلْءَاخِرَةِ نُؤْتِهِۦ مِنْهَا ۚ وَسَنَجْزِى ٱلشَّٰكِرِينَ ﴿١٤٥﴾

146. Kukaningi iSithunywa siya empini nebutho elikhulu; abaphendukanga amavaka ngenxa yabebebhekene nakho endleleni ka Allah futhi abaphelanga amandla kanti futhi abavumanga ukunqotshwa; u Allah uyabathanda ababekezelayo.

وَكَأَيِّن مِّن نَّبِىٍّ قَٰتَلَ مَعَهُۥ رِبِّيُّونَ كَثِيرٌ فَمَا وَهَنُوا۟ لِمَآ أَصَابَهُمْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَمَا ضَعُفُوا۟ وَمَا ٱسْتَكَانُوا۟ ۗ وَٱللَّهُ يُحِبُّ ٱلصَّٰبِرِينَ ﴿١٤٦﴾

147. Ababekusho nje kuphela ukuthi: "Nkosi yethu sithethelele izimpambuko zethu nokunhlanhlatha kwethu futhi usuqinise usisize kubantu abangakholwa".

وَمَا كَانَ قَوْلَهُمْ إِلَّآ أَن قَالُوا۟ رَبَّنَا ٱغْفِرْ لَنَا ذُنُوبَنَا وَإِسْرَافَنَا فِىٓ أَمْرِنَا وَثَبِّتْ أَقْدَامَنَا وَٱنصُرْنَا عَلَى ٱلْقَوْمِ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿١٤٧﴾

148. U Allah wabe esebapha umvuzo wasemhlabeni kanye nongcono wakweLizayo; u Allah uyabathanda abenzi bokuhle.

فَـَٔاتَىٰهُمُ ٱللَّهُ ثَوَابَ ٱلدُّنْيَا وَحُسْنَ ثَوَابِ ٱلْءَاخِرَةِ ۗ وَٱللَّهُ يُحِبُّ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٤٨﴾

149. Nina enikholwayo! Uma nike nalalela labo abangakholwa bayonibuyisela emuva, nibe ngabalahlekelwe.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِن تُطِيعُوا۟ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ يَرُدُّوكُمْ عَلَىٰٓ أَعْقَٰبِكُمْ فَتَنقَلِبُوا۟ خَٰسِرِينَ ﴿١٤٩﴾

1 U Allah lapha usebenzise ubuningi bobukhosi obukhombisa ubukhulu bakhe, hhayi inani.

بَلِ ٱللَّهُ مَوْلَىٰكُمْ ۖ وَهُوَ خَيْرُ ٱلنَّٰصِرِينَ ﴿١٥٠﴾

150. Kepha u Allah unguMhlengi wenu futhi unguMsizi ongcono.

سَنُلْقِى فِى قُلُوبِ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ٱلرُّعْبَ بِمَآ أَشْرَكُوا۟ بِٱللَّهِ مَا لَمْ يُنَزِّلْ بِهِۦ سُلْطَٰنًا ۖ وَمَأْوَىٰهُمُ ٱلنَّارُ ۖ وَبِئْسَ مَثْوَى ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٥١﴾

151. Sizofaka ukwesaba ezinhlizweni zalabo abangakholwa ngenxa yokubhanqa kwabo u Allah ngaphandle kobufakazi abembulele; indawo yabo uMlilo, yaze yayimbi indawo yabaphambukile.

وَلَقَدْ صَدَقَكُمُ ٱللَّهُ وَعْدَهُۥٓ إِذْ تَحُسُّونَهُم بِإِذْنِهِۦ ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا فَشِلْتُمْ وَتَنَٰزَعْتُمْ فِى ٱلْأَمْرِ وَعَصَيْتُم مِّنۢ بَعْدِ مَآ أَرَىٰكُم مَّا تُحِبُّونَ ۚ مِنكُم مَّن يُرِيدُ ٱلدُّنْيَا وَمِنكُم مَّن يُرِيدُ ٱلْءَاخِرَةَ ۚ ثُمَّ صَرَفَكُمْ عَنْهُمْ لِيَبْتَلِيَكُمْ ۖ وَلَقَدْ عَفَا عَنكُمْ ۗ وَٱللَّهُ ذُو فَضْلٍ عَلَى ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٥٢﴾

152. Ngempela u Allah wasigcina isethembiso Sakhe ngenkathi lapho nibaqotha ngemvumo yaKhe, kwaba yinina enahluleka naphikisa nodwa nangalalela, emuva kokunibonisa lokhu enikuthandayo; kunalabo kini abathanda izinto zomhlaba kanti abanye balangazelele eLizayo[1]. Wanisusa kubo ukuze anivivinye; nembala wanithethelela, ngokuba u Allah unomusa kulabo abakholwayo.

*إِذْ تُصْعِدُونَ وَلَا تَلْوُۥنَ عَلَىٰٓ أَحَدٍ وَٱلرَّسُولُ يَدْعُوكُمْ فِىٓ أُخْرَىٰكُمْ فَأَثَٰبَكُمْ غَمًّۢا بِغَمٍّ لِّكَيْلَا تَحْزَنُوا۟ عَلَىٰ مَا فَاتَكُمْ وَلَا مَآ أَصَٰبَكُمْ ۗ وَٱللَّهُ خَبِيرٌۢ بِمَا تَعْمَلُونَ ﴿١٥٣﴾

153. Nathi lapho nibaleka ninganendaba namuntu, neSithunywa sinimemeza emuva kwenu, wanithela ngosizi phezu kosizi ukuze ningakhathazeki ngalokho okuniphunyukile noma lokho okunehlele; u Allah ukwazi konke enikwenzayo.

1 Kungesikhathi sempi yase Uhud.

ثُمَّ أَنزَلَ عَلَيْكُم مِّنۢ بَعْدِ ٱلْغَمِّ أَمَنَةً
نُّعَاسًا يَغْشَىٰ طَآئِفَةً مِّنكُمْ ۖ وَطَآئِفَةٌ
قَدْ أَهَمَّتْهُمْ أَنفُسُهُمْ يَظُنُّونَ بِٱللَّهِ
غَيْرَ ٱلْحَقِّ ظَنَّ ٱلْجَٰهِلِيَّةِ ۖ يَقُولُونَ
هَل لَّنَا مِنَ ٱلْأَمْرِ مِن شَىْءٍ ۗ قُلْ إِنَّ
ٱلْأَمْرَ كُلَّهُۥ لِلَّهِ ۗ يُخْفُونَ فِىٓ أَنفُسِهِم
مَّا لَا يُبْدُونَ لَكَ ۖ يَقُولُونَ لَوْ كَانَ لَنَا
مِنَ ٱلْأَمْرِ شَىْءٌ مَّا قُتِلْنَا هَٰهُنَا ۗ قُل لَّوْ
كُنتُمْ فِى بُيُوتِكُمْ لَبَرَزَ ٱلَّذِينَ كُتِبَ
عَلَيْهِمُ ٱلْقَتْلُ إِلَىٰ مَضَاجِعِهِمْ ۖ وَلِيَبْتَلِىَ
ٱللَّهُ مَا فِى صُدُورِكُمْ وَلِيُمَحِّصَ
مَا فِى قُلُوبِكُمْ ۚ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِذَاتِ
ٱلصُّدُورِ ﴿١٥٤﴾

154. Wase esenehlisela emuva kosizi ukuthula okuzelisayo okwengamela abathile benu, abanye bebezicabangela bona kuphela bendlinzela u Allah ngokungelona iqiniso imidlinzo yobuwula; bethi: "kukhona yini esingakwenza na?". Yithi: "yonke into iphethwe ngu Allah"; bafihle ezinhlizweni zabo lokho abangeke bakuvezela kona, bathi: "ukube nje bekuya ngathi ngabe asizange sifele la". Yithi: "noma ngabe benisezindlini zenu, labo ababekelwe ukufa bebezophuma baye lapho abawele khona. Ngokuba u Allah ufuna ukuvivinya lokhu okusezifubeni zenu futhi ahlanze lokhu okusezinhlizweni zenu, bheka ngoba u Allah ukwazi kahle okuqukethwe izifuba.

إِنَّ ٱلَّذِينَ تَوَلَّوْا۟ مِنكُمْ يَوْمَ ٱلْتَقَى
ٱلْجَمْعَانِ إِنَّمَا ٱسْتَزَلَّهُمُ ٱلشَّيْطَٰنُ
بِبَعْضِ مَا كَسَبُوا۟ ۖ وَلَقَدْ عَفَا ٱللَّهُ
عَنْهُمْ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ حَلِيمٌ ﴿١٥٥﴾

155. Labo benu ababaleka ngosuku kutholane phezulu khona amaqembu amabili, balingwa ngu*Shayitani* ngenxa yokunye kwalokho abakwenza; kepha u Allah ubaxolele ngokuba u Allah Uyathethelela Unobubele.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تَكُونُوا۟
كَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَقَالُوا۟ لِإِخْوَٰنِهِمْ إِذَا
ضَرَبُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ أَوْ كَانُوا۟ غُزًّى لَّوْ
كَانُوا۟ عِندَنَا مَا مَاتُوا۟ وَمَا قُتِلُوا۟

156. Nina enikholwayo ningabi njengalabo abangakholwa, labo okuthi uma abanewabo bethatha uhambo noma beya empini bathi kubo: "ukube

nje bebe nathi ngabe abafanga noma babulawe"; u Allah ukwenze lokho kwaba usizi ezinhlizweni zabo. Bheka ngoba u Allah nguYena onika impilo noletha ukufa futhi u Allah Ukubheke konke abakwenzayo.

لِيَجْعَلَ ٱللَّهُ ذَٰلِكَ حَسْرَةً فِى قُلُوبِهِمْ ۗ وَٱللَّهُ يُحْىِۦ وَيُمِيتُ ۗ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿١٥٦﴾

157. Uma nibulewe endleni ka Allah noma nife, nizothola intethelelo ka Allah nomusa ongcono kunalokho eniphembayo.

وَلَئِن قُتِلْتُمْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ أَوْ مُتُّمْ لَمَغْفِرَةٌ مِّنَ ٱللَّهِ وَرَحْمَةٌ خَيْرٌ مِّمَّا يَجْمَعُونَ ﴿١٥٧﴾

158. Uma nifa noma nibulawa niyobuyela ku Allah.

وَلَئِن مُّتُّمْ أَوْ قُتِلْتُمْ لَإِلَى ٱللَّهِ تُحْشَرُونَ ﴿١٥٨﴾

159. Ngenxa yomusa ka Allah ube nesineke nabo; ukube ubunonya nenhliziyo elikhuni bebezobaleka eduze nawe; ngakhoke baxolele ubacelele intethelelo futhi ubonisane nabo ngezinto, uma usuthathe isinqumo thembela ku Allah, ngokuba u Allah uyabathanda abathembela kuYe.

فَبِمَا رَحْمَةٍ مِّنَ ٱللَّهِ لِنتَ لَهُمْ ۖ وَلَوْ كُنتَ فَظًّا غَلِيظَ ٱلْقَلْبِ لَٱنفَضُّوا۟ مِنْ حَوْلِكَ ۖ فَٱعْفُ عَنْهُمْ وَٱسْتَغْفِرْ لَهُمْ وَشَاوِرْهُمْ فِى ٱلْأَمْرِ ۖ فَإِذَا عَزَمْتَ فَتَوَكَّلْ عَلَى ٱللَّهِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلْمُتَوَكِّلِينَ ﴿١٥٩﴾

160. Uma u Allah enisiza akekho oyoninqoba, kepha uma enilahla ubani oyonisiza ngaphandle kwaKhe; labo abakholwayo mabathembele ku Allah.

إِن يَنصُرْكُمُ ٱللَّهُ فَلَا غَالِبَ لَكُمْ ۖ وَإِن يَخْذُلْكُمْ فَمَن ذَا ٱلَّذِى يَنصُرُكُم مِّنۢ بَعْدِهِۦ ۗ وَعَلَى ٱللَّهِ فَلْيَتَوَكَّلِ ٱلْمُؤْمِنُونَ ﴿١٦٠﴾

161. Isithunywa asisoze sakhwabanisa; loyo okhwabanisayo uyofika nalokho akukwabanisa ngoSuku lokwaHlulela; lapho wonke umuntu uyozuziswa ngakho konke akwenzile futhi abasoze baqilwa.

وَمَا كَانَ لِنَبِىٍّ أَن يَغُلَّ ۚ وَمَن يَغْلُلْ يَأْتِ بِمَا غَلَّ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۚ ثُمَّ تُوَفَّىٰ كُلُّ نَفْسٍ مَّا كَسَبَتْ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿١٦١﴾

أَفَمَنِ ٱتَّبَعَ رِضْوَٰنَ ٱللَّهِ كَمَنۢ بَآءَ بِسَخَطٍ مِّنَ ٱللَّهِ وَمَأْوَىٰهُ جَهَنَّمُ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿١٦٢﴾

162. Ingabe uyefana na, lowo olandela intando ka Allah nalowo ozilethela ulaka luka Allah nesizinda sakhe kuyokuba iJahanamu, saze sasibi isiphetho.

هُمْ دَرَجَٰتٌ عِندَ ٱللَّهِ ۗ وَٱللَّهُ بَصِيرٌۢ بِمَا يَعْمَلُونَ ﴿١٦٣﴾

163. Bayizigaba ku Allah, futhi u Allah ukubona konke abakwenzayo.

لَقَدْ مَنَّ ٱللَّهُ عَلَى ٱلْمُؤْمِنِينَ إِذْ بَعَثَ فِيهِمْ رَسُولًا مِّنْ أَنفُسِهِمْ يَتْلُوا۟ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتِهِۦ وَيُزَكِّيهِمْ وَيُعَلِّمُهُمُ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْحِكْمَةَ وَإِن كَانُوا۟ مِن قَبْلُ لَفِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿١٦٤﴾

164. Wababusisa u Allah abakholwayo mhla ethumela kubo iSithunywa esidabuka kubo, sibafundela imibiko Yakhe, sibahlambulula futhi sibafundisa iNcwadi neHikima nakuba phambi kwalokho babe sekudukeni okucacile.

أَوَلَمَّآ أَصَٰبَتْكُم مُّصِيبَةٌ قَدْ أَصَبْتُم مِّثْلَيْهَا قُلْتُمْ أَنَّىٰ هَٰذَا ۖ قُلْ هُوَ مِنْ عِندِ أَنفُسِكُمْ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٦٥﴾

165. Kuthe lapho nehlelwa umshophi[1], nibe nani kade nenza okufanayo ngokuphindwe kabili; nathi: "kwenzeke kanjani na?" yithi: "Kungenxa yenu"; u Allah unamandla okwenza yonke into.

وَمَآ أَصَٰبَكُمْ يَوْمَ ٱلْتَقَى ٱلْجَمْعَانِ فَبِإِذْنِ ٱللَّهِ وَلِيَعْلَمَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٦٦﴾

166. Lokho okwanehlela ngosuku kutholane phezulu khona amaqembu amabili, kwakungemvumo ka Allah nokuthi Azi abakholwayo.

1 Empini yase Uhudi amaMuslimu alahlakelwa amabutho anga-70 awa empini. Phambili empini yaseBadari amaMusilimu ahaqa inani eliphindiwe, bawisa amabutho esitha anga-70 bathwala iziboshwa zempi ezi-70.

وَلِيَعْلَمَ ٱلَّذِينَ نَافَقُواْ ۚ وَقِيلَ لَهُمْ تَعَالَوْاْ قَٰتِلُواْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ أَوِ ٱدْفَعُواْ ۖ قَالُواْ لَوْ نَعْلَمُ قِتَالًا لَّٱتَّبَعْنَٰكُمْ ۗ هُمْ لِلْكُفْرِ يَوْمَئِذٍ أَقْرَبُ مِنْهُمْ لِلْإِيمَٰنِ ۚ يَقُولُونَ بِأَفْوَٰهِهِم مَّا لَيْسَ فِى قُلُوبِهِمْ ۚ وَٱللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا يَكْتُمُونَ ﴿١٦٧﴾

167. Futhi ukuze Azi abazenzisi; okwathiwa kubona: "wozani nilwe endleleni ka Allah noma nivikele" Bathi: "Ngabe sihamba nani ukube nje besikwazi ukulwa." Ngalolo suku basondelene nokungakholwa ukudlula ukusondelana kwabo nokukholwa. Bakhuluma ngemilomo yabo lokho okungekho ezinhlizweni zabo, futhi u Allah Ukwazi kahle abakufihlile.

ٱلَّذِينَ قَالُواْ لِإِخْوَٰنِهِمْ وَقَعَدُواْ لَوْ أَطَاعُونَا مَا قُتِلُواْ ۗ قُلْ فَٱدْرَءُواْ عَنْ أَنفُسِكُمُ ٱلْمَوْتَ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿١٦٨﴾

168. Labo abathi behleli kubanewabo: "ukube basilalela, ngabe abazange babulawe". Yithi: "Zivikelenike ekufeni uma ngempela niqinisile."

وَلَا تَحْسَبَنَّ ٱلَّذِينَ قُتِلُواْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ أَمْوَٰتًا ۚ بَلْ أَحْيَآءٌ عِندَ رَبِّهِمْ يُرْزَقُونَ ﴿١٦٩﴾

169. Ungacabangi ukuthi labo ababulawe endleleni ka Allah bafile; empeleni bayaphila eNkosini yabo bayondliwa.

فَرِحِينَ بِمَآ ءَاتَىٰهُمُ ٱللَّهُ مِن فَضْلِهِۦ وَيَسْتَبْشِرُونَ بِٱلَّذِينَ لَمْ يَلْحَقُواْ بِهِم مِّنْ خَلْفِهِمْ أَلَّا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿١٧٠﴾

170. Bayathokoza ngalokho u Allah abaphe kona ngomusa Wakhe futhi bayothokozela labo ababashiye bephila ngemuva ukuthi abayikuba nokwesaba noma usizi.

*يَسْتَبْشِرُونَ بِنِعْمَةٍ مِّنَ ٱللَّهِ وَفَضْلٍ وَأَنَّ ٱللَّهَ لَا يُضِيعُ أَجْرَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٧١﴾

171. Bayothokozela izibusiso zika Allah nomusa nanokuthi u Allah akawucekeli phansi umvuzo wabakholwayo.

172. Labo abathobele u Allah neSithunywa nakuba benamanxeba[1]; labo kubo abenza okuhle futhi bazithobe bayothola umvuzo omkhulu.

173. Labo, uma abantu bethi kubo: "Ngempela abantu banihlangenyele, ngakhoke besabeni" kepha banda ngokholo, bathi: "u Allah usenele thina futhi unguMhlengi ongcono.

174. Bazizuzela izibusiso zika Allah nomusa, abehlelwangwa okubi balandela intando ka Allah, futhi u Allah unomusa omkhulu.

175. Lokho nje bekunguShayitani esabisa abangane bakhe, ngakhoke ningabesabi nesabe Mina uma ngempela ningabakholwayo.

176. Bangakukhathazi labo abagxile ekuphikeni ukholo ngokuba abasoze bamenzakalisa u Allah; u Allah ufuna ukungabaniki sabelo kweLizayo futhi bayothola isijeziso esinzima.

177. Ngempela labo abakhetha ukungakholwa kunokukholwa abasoze bamenza lutho u Allah futhi bayothola isijeziso esibuhlungu.

ٱلَّذِينَ ٱسْتَجَابُوا۟ لِلَّهِ وَٱلرَّسُولِ مِنۢ بَعْدِ
مَآ أَصَابَهُمُ ٱلْقَرْحُ ۚ لِلَّذِينَ أَحْسَنُوا۟
مِنْهُمْ وَٱتَّقَوْا۟ أَجْرٌ عَظِيمٌ ﴿١٧٢﴾

ٱلَّذِينَ قَالَ لَهُمُ ٱلنَّاسُ إِنَّ ٱلنَّاسَ قَدْ
جَمَعُوا۟ لَكُمْ فَٱخْشَوْهُمْ فَزَادَهُمْ إِيمَٰنًا
وَقَالُوا۟ حَسْبُنَا ٱللَّهُ وَنِعْمَ ٱلْوَكِيلُ ﴿١٧٣﴾

فَٱنقَلَبُوا۟ بِنِعْمَةٍ مِّنَ ٱللَّهِ وَفَضْلٍ لَّمْ
يَمْسَسْهُمْ سُوٓءٌ ۚ وَٱتَّبَعُوا۟ رِضْوَٰنَ ٱللَّهِ ۗ
وَٱللَّهُ ذُو فَضْلٍ عَظِيمٍ ﴿١٧٤﴾

إِنَّمَا ذَٰلِكُمُ ٱلشَّيْطَٰنُ يُخَوِّفُ أَوْلِيَآءَهُۥ
فَلَا تَخَافُوهُمْ وَخَافُونِ إِن كُنتُم
مُّؤْمِنِينَ ﴿١٧٥﴾

وَلَا يَحْزُنكَ ٱلَّذِينَ يُسَٰرِعُونَ فِى ٱلْكُفْرِ ۚ
إِنَّهُمْ لَن يَضُرُّوا۟ ٱللَّهَ شَيْـًٔا ۗ يُرِيدُ ٱللَّهُ أَلَّا
يَجْعَلَ لَهُمْ حَظًّا فِى ٱلْـَٔاخِرَةِ ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ
عَظِيمٌ ﴿١٧٦﴾

إِنَّ ٱلَّذِينَ ٱشْتَرَوُا۟ ٱلْكُفْرَ بِٱلْإِيمَٰنِ لَن
يَضُرُّوا۟ ٱللَّهَ شَيْـًٔا ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١٧٧﴾

1 Emva kwempi yase uHudi amaMusilimu yize ayelimele, alandela izithende zezitha bezixosha nokuqinisekisa ukuthi zibuyele emuva azibuyi ukuzogasela.

وَلَا يَحْسَبَنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓاْ أَنَّمَا نُمْلِى لَهُمْ خَيْرٌ لِّأَنفُسِهِمْۚ إِنَّمَا نُمْلِى لَهُمْ لِيَزْدَادُوٓاْ إِثْمًاۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ مُّهِينٌ ﴿١٧٨﴾

178. Futhi labo abangakholwa mabangacabangi ukuthi ukuba yeka Kwethu kuyinto enhle kubo; empeleni Siyabayeka ukuze zande izimpambuko zabo futhi bayothola isijeziso esihlazayo.

مَّا كَانَ ٱللَّهُ لِيَذَرَ ٱلْمُؤْمِنِينَ عَلَىٰ مَآ أَنتُمْ عَلَيْهِ حَتَّىٰ يَمِيزَ ٱلْخَبِيثَ مِنَ ٱلطَّيِّبِۗ وَمَا كَانَ ٱللَّهُ لِيُطْلِعَكُمْ عَلَى ٱلْغَيْبِ وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ يَجْتَبِى مِن رُّسُلِهِۦ مَن يَشَآءُۖ فَـَٔامِنُواْ بِٱللَّهِ وَرُسُلِهِۦۚ وَإِن تُؤْمِنُواْ وَتَتَّقُواْ فَلَكُمْ أَجْرٌ عَظِيمٌ ﴿١٧٩﴾

179. U Allah angeke ayekele abakholwayo bekulesi simo enikuso kuze kube Uveza lowo ongcolile komsulwa; futhi u Allah angeke anitshengisa okunabonwa, kunalokho uqoka amthandayo kuZithunywa zaKhe. Ngakhoke kholwani ku Allah neZithunywa zaKhe; uma nikholwa futhi nizithoba niyothola umvuzo omkhulu.

وَلَا يَحْسَبَنَّ ٱلَّذِينَ يَبْخَلُونَ بِمَآ ءَاتَىٰهُمُ ٱللَّهُ مِن فَضْلِهِۦ هُوَ خَيْرًا لَّهُمۖ بَلْ هُوَ شَرٌّ لَّهُمْۖ سَيُطَوَّقُونَ مَا بَخِلُواْ بِهِۦ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِۗ وَلِلَّهِ مِيرَٰثُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِۗ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرٌ ﴿١٨٠﴾

180. Labo abancishana ngalokho u Allah abaphe kona ngomusa waKhe mabangacangi ukuthi kuyinto enhle kubo, empeleni kuyinto embi kubo, bheka ngoba bayogaxwa ngalokho abancishana nagakho ngoSuku lokwaHlulela. Ifa lamazulu nomhlaba lingelika Allah futhi u Allah ukwazi konke enikwenzayo.

لَّقَدْ سَمِعَ ٱللَّهُ قَوْلَ ٱلَّذِينَ قَالُوٓاْ إِنَّ ٱللَّهَ فَقِيرٌ وَنَحْنُ أَغْنِيَآءُۘ سَنَكْتُبُ مَا قَالُواْ وَقَتْلَهُمُ ٱلْأَنۢبِيَآءَ بِغَيْرِ حَقٍّ وَنَقُولُ ذُوقُواْ عَذَابَ ٱلْحَرِيقِ ﴿١٨١﴾

181. U Allah uyizwile inkulumo yalabo abathi: " u Allah uyisichaka kanti thina ziyizinjinga!" Sizokuqopha lokho abakushoyo nokubulala kwabo iZithunywa ngokungemthetho bese Sithi: "Yizwani isijeziso soMlilo!"

ذَٰلِكَ بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيكُمْ وَأَنَّ ٱللَّهَ لَيْسَ بِظَلَّٰمٍ لِّلْعَبِيدِ ﴿١٨٢﴾

182. Lokho ngungenxa yezenzo zenu, belu u Allah akasiye umcindezeli encekwini.

ٱلَّذِينَ قَالُوٓاْ إِنَّ ٱللَّهَ عَهِدَ إِلَيْنَآ أَلَّا نُؤْمِنَ لِرَسُولٍ حَتَّىٰ يَأْتِيَنَا بِقُرْبَانٍ تَأْكُلُهُ ٱلنَّارُ ۗ قُلْ قَدْ جَآءَكُمْ رُسُلٌ مِّن قَبْلِى بِٱلْبَيِّنَٰتِ وَبِٱلَّذِى قُلْتُمْ فَلِمَ قَتَلْتُمُوهُمْ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿١٨٣﴾

183. Labo abathi: "u Allah wasithembisa ukuthi singakholwa iSithunywa singakasiletheli umhlatshelo odliwa umlilo". Yithi: "Zafika kini iZithunywa phambi kwami nezibonakaliso kanye nalokhu enikushoyo, kunganike nazibulala uma nineqiniso na?"

فَإِن كَذَّبُوكَ فَقَدْ كُذِّبَ رُسُلٌ مِّن قَبْلِكَ جَآءُو بِٱلْبَيِّنَٰتِ وَٱلزُّبُرِ وَٱلْكِتَٰبِ ٱلْمُنِيرِ ﴿١٨٤﴾

184. Uma bengakukholwa, neZithunywa phambi kwakho abazikholwanga nakuba zafika nezibonakaliso neMibhalo neNcwadi ecacisayo.

كُلُّ نَفْسٍ ذَآئِقَةُ ٱلْمَوْتِ ۗ وَإِنَّمَا تُوَفَّوْنَ أُجُورَكُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۖ فَمَن زُحْزِحَ عَنِ ٱلنَّارِ وَأُدْخِلَ ٱلْجَنَّةَ فَقَدْ فَازَ ۗ وَمَا ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَآ إِلَّا مَتَٰعُ ٱلْغُرُورِ ﴿١٨٥﴾

185. Wonke umphefumulo uyokuzwa ukufa; nakanjani niyoklonyeliswa imivuzo yenu ngoSuku lokwaHlulela. Lowo oyosindiswa eMlilweni angeniswe eJana uyoba ophumelele, kanti impilo yomhlaba iyinjabulo yenkohliso.

*لَتُبْلَوُنَّ فِىٓ أَمْوَٰلِكُمْ وَأَنفُسِكُمْ وَلَتَسْمَعُنَّ مِنَ ٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلْكِتَٰبَ مِن قَبْلِكُمْ وَمِنَ ٱلَّذِينَ أَشْرَكُوٓاْ أَذًى كَثِيرًا ۚ وَإِن تَصْبِرُواْ وَتَتَّقُواْ فَإِنَّ ذَٰلِكَ مِنْ عَزْمِ ٱلْأُمُورِ ﴿١٨٦﴾

186. Nizolingwa ngengcebo yenu nangani uqobo, futhi nizozwa amagama amabi kulabo abanikwa iMibhalo ngaphambi kwenu nakulabo abakhonza izithixo. Kepha uma nibekezela nithobele u Allah, ngokuba lokho kungokunye kwezinto ezigcizelelwe.

187. Khumbula futhi mhla u Allah enza isibophezelo nalabo abanikwa iMibhalo (Wathi): "Nizoyicacisela abantu futhi ningayigodli!" Kepha basishaya indiva basithengisa ngenani eliyize, kwaze kwakubi abakuhwebayo[1].

وَإِذْ أَخَذَ ٱللَّهُ مِيثَٰقَ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ لَتُبَيِّنُنَّهُۥ لِلنَّاسِ وَلَا تَكْتُمُونَهُۥ فَنَبَذُوهُ وَرَآءَ ظُهُورِهِمْ وَٱشْتَرَوْا۟ بِهِۦ ثَمَنًا قَلِيلًا ۖ فَبِئْسَ مَا يَشْتَرُونَ ﴿١٨٧﴾

188. Ungacabangi ukuthi bayosinda esijezisweni labo abajabulela lokho abaphiwe kona bathande nokunconywa ngalokho abangakwenzanga, bayothola isijeziso esibuhlungu.

لَا تَحْسَبَنَّ ٱلَّذِينَ يَفْرَحُونَ بِمَآ أَتَوا۟ وَّيُحِبُّونَ أَن يُحْمَدُوا۟ بِمَا لَمْ يَفْعَلُوا۟ فَلَا تَحْسَبَنَّهُم بِمَفَازَةٍ مِّنَ ٱلْعَذَابِ ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١٨٨﴾

189. Ubukhosi bamazulu nomhlaba bungobuka Allah, futhi u Allah unamandla phezu kwezinto zonke.

وَلِلَّهِ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۗ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٨٩﴾

190. Ngempela, ekudalweni kwamazulu nomhlaba nasekudedelaneni kobusuku nemini kunezibonakaliso kulabo abakhaliphile.

إِنَّ فِى خَلْقِ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَٱخْتِلَٰفِ ٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ لَءَايَٰتٍ لِّأُو۟لِى ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿١٩٠﴾

191. Labo abakhumbula u Allah bemile behleli noma becambalele ngohlangothi baphinde bajule ekudalweni kwamazulu nomhlaba (bathi): "Nkosi yethu awukudalanga lokhu ngeze, mawungcweliswe, sihlenge esijezisweni soMlilo.

ٱلَّذِينَ يَذْكُرُونَ ٱللَّهَ قِيَٰمًا وَقُعُودًا وَعَلَىٰ جُنُوبِهِمْ وَيَتَفَكَّرُونَ فِى خَلْقِ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ رَبَّنَا مَا خَلَقْتَ هَٰذَا بَٰطِلًا سُبْحَٰنَكَ فَقِنَا عَذَابَ ٱلنَّارِ ﴿١٩١﴾

1 Abefundisi bamaJuda namaNasirini babephula imithetho yeMibhalo (iTora ne Ininjili) bayihle ukujabulisa labo abakhokhelayo.

رَبَّنَآ إِنَّكَ مَن تُدۡخِلِ ٱلنَّارَ فَقَدۡ أَخۡزَيۡتَهُۥۖ وَمَا لِلظَّٰلِمِينَ مِنۡ أَنصَارٖ ١٩٢

192. "Ngokuba Nkosi yethu, lowo oyomufaka eMlilweni uyobe umhlaze okwangempela futhi akekho oyosiza abaphambukileyo."

رَّبَّنَآ إِنَّنَا سَمِعۡنَا مُنَادِيٗا يُنَادِي لِلۡإِيمَٰنِ أَنۡ ءَامِنُواْ بِرَبِّكُمۡ فَـَٔامَنَّاۚ رَبَّنَا فَٱغۡفِرۡ لَنَا ذُنُوبَنَا وَكَفِّرۡ عَنَّا سَيِّـَٔاتِنَا وَتَوَفَّنَا مَعَ ٱلۡأَبۡرَارِ ١٩٣

193. "Nkosi yethu, ngempela sizwe isimemezi simemela kukholo, sithi, 'kholwani eNkosini yenu', sakholwa. Nkosi yethu, ngakhoke sixolele izimpambuko zethu usithethelele amacala ethu usithathe kanye nalabo abalungileyo."

رَبَّنَا وَءَاتِنَا مَا وَعَدتَّنَا عَلَىٰ رُسُلِكَ وَلَا تُخۡزِنَا يَوۡمَ ٱلۡقِيَٰمَةِۗ إِنَّكَ لَا تُخۡلِفُ ٱلۡمِيعَادَ ١٩٤

194. Nkosi yethu, usiphe lokho owasithembisa kona eZithunyweni zaKho futhi ungasihlazi ngoSuku lokwaHlulelwa, ngokuba Wena awusephuli isethembiso.

فَٱسۡتَجَابَ لَهُمۡ رَبُّهُمۡ أَنِّي لَآ أُضِيعُ عَمَلَ عَٰمِلٖ مِّنكُم مِّن ذَكَرٍ أَوۡ أُنثَىٰۖ بَعۡضُكُم مِّنۢ بَعۡضٖۖ فَٱلَّذِينَ هَاجَرُواْ وَأُخۡرِجُواْ مِن دِيَٰرِهِمۡ وَأُوذُواْ فِي سَبِيلِي وَقَٰتَلُواْ وَقُتِلُواْ لَأُكَفِّرَنَّ عَنۡهُمۡ سَيِّـَٔاتِهِمۡ وَلَأُدۡخِلَنَّهُمۡ جَنَّٰتٖ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُ ثَوَابٗا مِّنۡ عِندِ ٱللَّهِۗ وَٱللَّهُ عِندَهُۥ حُسۡنُ ٱلثَّوَابِ ١٩٥

195. Yabaphendula iNkosi yabo (yathi): Mina angicikeli phansi izenzo zanoma ngubani kini, kungaba indoda noma umfazi, niyefana nje; kuthi labo abenza iHijira bakhishwa emizini yabo baphinde bathwala kanzima endleleni Yami balwa babulawa, Ngizobathethelela izimpambuko zabo bese Ngibafaka ezivandeni okugeleza ngaphansi kwazo imifula; umvuzo ovela ku Allah, bheka ngoba u Allah unomvuzo ongunqa phambili.

196. Ukwehla nokwenyuka kwalabo abangakholwa ezindaweni makungakukhathazi.

لَا يَغُرَّنَّكَ تَقَلُّبُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ فِى ٱلْبِلَٰدِ ﴿١٩٦﴾

197. Ukujabula okuncane nje, kepha bayophelela *eJahanamu*, laze lalibi icansi.

مَتَٰعٌ قَلِيلٌ ثُمَّ مَأْوَىٰهُمْ جَهَنَّمُ ۚ وَبِئْسَ ٱلْمِهَادُ ﴿١٩٧﴾

198. Kepha labo abathobela iNkosi yabo, bayothola izivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula bahlale kuzo unaphakade, isizinzo esivela ku Allah futhi lokho okuku Allah yikona okungcono kubalungileyo.

لَٰكِنِ ٱلَّذِينَ ٱتَّقَوْا۟ رَبَّهُمْ لَهُمْ جَنَّٰتٌ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا نُزُلًا مِّنْ عِندِ ٱللَّهِ ۗ وَمَا عِندَ ٱللَّهِ خَيْرٌ لِّلْأَبْرَارِ ﴿١٩٨﴾

199. Kulabo abanikwa iMibhalo, kunalabo abakholwa ku Allah nakulokho okwembulelwa kini nokwembulelwa kubo ngokumesaba u Allah, abathengisi imibiko yaka Allah ngenani eliyize. Laboke bayothola imivuzo yabo eNkosini yabo; u Allah uyashesha lapho ehlulela.

وَإِنَّ مِنْ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ لَمَن يُؤْمِنُ بِٱللَّهِ وَمَآ أُنزِلَ إِلَيْكُمْ وَمَآ أُنزِلَ إِلَيْهِمْ خَٰشِعِينَ لِلَّهِ لَا يَشْتَرُونَ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ ثَمَنًا قَلِيلًا ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ لَهُمْ أَجْرُهُمْ عِندَ رَبِّهِمْ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ سَرِيعُ ٱلْحِسَابِ ﴿١٩٩﴾

200. Nina Enikholwayo! Bekezelani nizimelele, nizimisele futhi nizithobe ku Allah ukuze niphumelele.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱصْبِرُوا۟ وَصَابِرُوا۟ وَرَابِطُوا۟ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿٢٠٠﴾

(4) SURA NISA
ABAFAZI

سُورَةُ النِّسَاءِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ ٱتَّقُواْ رَبَّكُمُ ٱلَّذِى
خَلَقَكُم مِّن نَّفْسٍ وَٰحِدَةٍ وَخَلَقَ
مِنْهَا زَوْجَهَا وَبَثَّ مِنْهُمَا رِجَالًا كَثِيرًا
وَنِسَآءً ۚ وَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ ٱلَّذِى تَسَآءَلُونَ
بِهِۦ وَٱلْأَرْحَامَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَلَيْكُمْ
رَقِيبًا ﴿١﴾

1. Sintu! Thobelani iNkosi yenu okuyiyona eyanidala ngomuntu oyedwa. Wadala ngaye umkakhe wabe esesabalalisa ngabo bobabili isilisa nesifazane; thobelani u Allah lona enibuzana ngaYe niqikelele ubuhlobo nozalo, bheka ngoba u Allah uhlezi eniqaphile.

وَءَاتُواْ ٱلْيَتَٰمَىٰٓ أَمْوَٰلَهُمْ ۖ وَلَا تَتَبَدَّلُواْ
ٱلْخَبِيثَ بِٱلطَّيِّبِ ۖ وَلَا تَأْكُلُوٓاْ
أَمْوَٰلَهُمْ إِلَىٰٓ أَمْوَٰلِكُمْ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ حُوبًا
كَبِيرًا ﴿٢﴾

2. Nikani izintandane umcebo wazo futhi ningaphambanisi omuhle ngomubi, futhi ningagwinyeli umcebo wabo kowenu, ngokuba lokho kuyichilo elikhulu.

وَإِنْ خِفْتُمْ أَلَّا تُقْسِطُواْ فِى ٱلْيَتَٰمَىٰ
فَٱنكِحُواْ مَا طَابَ لَكُم مِّنَ ٱلنِّسَآءِ
مَثْنَىٰ وَثُلَٰثَ وَرُبَٰعَ ۖ فَإِنْ خِفْتُمْ أَلَّا
تَعْدِلُواْ فَوَٰحِدَةً أَوْ مَا مَلَكَتْ أَيْمَٰنُكُمْ ۚ
ذَٰلِكَ أَدْنَىٰٓ أَلَّا تَعُولُواْ ﴿٣﴾

3. Uma nesaba ukungenzi ubulungiswa ngezintandane, shadani noma ubani owesimame enivunyelwe ukubashada; ababili, abathathu kuya kubane. Kepha uma nesaba ukungenzi ubulungiswa, shadani oyedwa noma amabibi; yikhona lokho okungcono ekutheni ningaphambuki.

وَءَاتُواْ ٱلنِّسَآءَ صَدُقَٰتِهِنَّ نِحۡلَةٗۚ فَإِن
طِبۡنَ لَكُمۡ عَن شَيۡءٖ مِّنۡهُ نَفۡسٗا فَكُلُوهُ
هَنِيٓـٔٗا مَّرِيٓـٔٗا ٤

4. Ninikeze abafazi amalobolo abo ngokomthetho. Kepha uma benipha kuwo okuthile ngentando yabo, dlanini ngokukhululeka nangokunethezeka.

وَلَا تُؤۡتُواْ ٱلسُّفَهَآءَ أَمۡوَٰلَكُمُ ٱلَّتِي
جَعَلَ ٱللَّهُ لَكُمۡ قِيَٰمٗا وَٱرۡزُقُوهُمۡ
فِيهَا وَٱكۡسُوهُمۡ وَقُولُواْ لَهُمۡ قَوۡلٗا
مَّعۡرُوفٗا ٥

5. Futhi ninganiki iziwula[1] umcebo wazo, lona u Allah owenza waba isisekelo kini; kepha nibondle futhi nibagqokise kuwo, nikhulume kahle nazo.

وَٱبۡتَلُواْ ٱلۡيَتَٰمَىٰ حَتَّىٰٓ إِذَا بَلَغُواْ
ٱلنِّكَاحَ فَإِنۡ ءَانَسۡتُم مِّنۡهُمۡ رُشۡدٗا
فَٱدۡفَعُوٓاْ إِلَيۡهِمۡ أَمۡوَٰلَهُمۡۖ وَلَا تَأۡكُلُوهَآ
إِسۡرَافٗا وَبِدَارًا أَن يَكۡبَرُواْۚ وَمَن كَانَ
غَنِيّٗا فَلۡيَسۡتَعۡفِفۡۖ وَمَن كَانَ فَقِيرٗا
فَلۡيَأۡكُلۡ بِٱلۡمَعۡرُوفِۚ فَإِذَا دَفَعۡتُمۡ إِلَيۡهِمۡ
أَمۡوَٰلَهُمۡ فَأَشۡهِدُواْ عَلَيۡهِمۡۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ
حَسِيبٗا ٦

6. Zivivinyeni izintandane kuze kube zifika esigabeni sokushada. Uma nibona ukukhalipha kuzo, zinikeni umcebo wazo, futhi ningawudli ngokuwuxhaphaza nokuwuqeda masinyane zingakakhuli. Ngakhoke lowo ocebile makazithibe kuthi lowo ophuyile adle ngokufanele. Akuthi lapho senibanikeza umcebo wabo nibe nofakazi. U Allah wanele njengoMehluleli.

لِّلرِّجَالِ نَصِيبٞ مِّمَّا تَرَكَ ٱلۡوَٰلِدَانِ
وَٱلۡأَقۡرَبُونَ وَلِلنِّسَآءِ نَصِيبٞ مِّمَّا تَرَكَ
ٱلۡوَٰلِدَانِ وَٱلۡأَقۡرَبُونَ مِمَّا قَلَّ مِنۡهُ أَوۡ
كَثُرَۚ نَصِيبٗا مَّفۡرُوضٗا ٧

7. Abesilisa banesabelo kulokho okushiywe abazali noma izihlobo, kanti nabesimame banesabelo kulokho okushiywe abazali noma izihlobo, noma kungaba idlanzane noma inala. Isabelo esibekiwe.

1 Lana 'Isiwula' sisho umuntu ongenalo ikhono elihle lophatha noma elokusebenzisa nokonga umcebo ngendlela enenzuzo.

وَإِذَا حَضَرَ ٱلْقِسْمَةَ أُوْلُواْ ٱلْقُرْبَىٰ وَٱلْيَتَٰمَىٰ وَٱلْمَسَٰكِينُ فَٱرْزُقُوهُم مِّنْهُ وَقُولُواْ لَهُمْ قَوْلًا مَّعْرُوفًا ﴿٨﴾

8. Uma izihlobo nezintandane nezichaka zikhona lapho kuhlukaniswa ifa, bapheni kulo nikhulume kahle nabo.

وَلْيَخْشَ ٱلَّذِينَ لَوْ تَرَكُواْ مِنْ خَلْفِهِمْ ذُرِّيَّةً ضِعَٰفًا خَافُواْ عَلَيْهِمْ فَلْيَتَّقُواْ ٱللَّهَ وَلْيَقُولُواْ قَوْلًا سَدِيدًا ﴿٩﴾

9. Labo abazoshiya emuva kwabo izingane ezibuthaka abazisabelayo; mabathobele u Allah futhi bakhulume iqiniso.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَأْكُلُونَ أَمْوَٰلَ ٱلْيَتَٰمَىٰ ظُلْمًا إِنَّمَا يَأْكُلُونَ فِى بُطُونِهِمْ نَارًا ۖ وَسَيَصْلَوْنَ سَعِيرًا ﴿١٠﴾

10. Labo ababhubhudla umcebo wezintandane ngokungemthetho, bazidlela umlilo eziswini zabo futhi bayongena eMlilweni.

يُوصِيكُمُ ٱللَّهُ فِىٓ أَوْلَٰدِكُمْ ۖ لِلذَّكَرِ مِثْلُ حَظِّ ٱلْأُنثَيَيْنِ ۚ فَإِن كُنَّ نِسَآءً فَوْقَ ٱثْنَتَيْنِ فَلَهُنَّ ثُلُثَا مَا تَرَكَ ۖ وَإِن كَانَتْ وَٰحِدَةً فَلَهَا ٱلنِّصْفُ ۚ وَلِأَبَوَيْهِ لِكُلِّ وَٰحِدٍ مِّنْهُمَا ٱلسُّدُسُ مِمَّا تَرَكَ إِن كَانَ لَهُۥ وَلَدٌ ۚ فَإِن لَّمْ يَكُن لَّهُۥ وَلَدٌ وَوَرِثَهُۥٓ أَبَوَاهُ فَلِأُمِّهِ ٱلثُّلُثُ ۚ فَإِن كَانَ لَهُۥٓ إِخْوَةٌ فَلِأُمِّهِ ٱلسُّدُسُ ۚ مِنۢ بَعْدِ وَصِيَّةٍ يُوصِى بِهَآ أَوْ دَيْنٍ ۗ ءَابَآؤُكُمْ وَأَبْنَآؤُكُمْ لَا تَدْرُونَ أَيُّهُمْ أَقْرَبُ لَكُمْ نَفْعًا ۚ فَرِيضَةً مِّنَ ٱللَّهِ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَلِيمًا حَكِيمًا ﴿١١﴾

11. U Allah uyaniyala ngezingane zenu; owesilisa uthola isabelo esiphindwe kabili kunowesifazane. Uma kungabesifazane (bodwa) abendlulele kwababili bazothola izigamu ezimbili kwezintathu, kepha uma eyedwa owesimame uzothola isigamu esisodwa kwezimbili. Abazali bakhe (umufi) ngamunye bazothola isigamu esisodwa kweziyisithupha kulokho akushiyile uma enezingane. Uma engenazo izingane ifa lakhe lasa kubazali bakhe, unina uthola isigamu esisodwa kwezintathu. Kepha uma enabanewabo, unina uthola isigamu esisodwa kweziyisithupha. Emuva kwesabelofa ayalele ngaso

(umufi) noma isikweletu. Abazali benu nezingane zenu anazi ukuthi ubani owusizo kakhulu kini. Isibophezelo esivela ku Allah. Ngempela u Allah Wazi konke Ukhaliphile.

12. Nina nizothola isigamu esisodwa kwezimbili kokushiwe amakhosikazi enu uma engenazo izingane; uma enezingane nizothola isigamu esisodwa kwezine kwabakushiyile, emuva kwesabelofa ayalele ngaso noma isikweletu. Kuthi wona (amakhosikazi enu) azothola isigamu esisodwa kwezine kwenikushiyile uma ningenazingane; uma ninezingane azothola isigamu esisodwa kwenikushiyile, emuva kwesabelofa eniyalele ngaso noma isikweletu. Uma owesilisa noma owesifazane eshiya ifa ebe engenabazali noma izingane kepha enomnewabo noba udadewabo, umuntu ngamunye kubo bobabili uzothola isigamu esisodwa kweziyisithupha; umake bengaphezu kwalokho bazocezulelana isigamu esisodwa kwezintathu. Emuva kwesabelofa okuyalelwe ngaso noma isikweletu. Umyalelo ovela ku Allah. U Allah Wazi konke Unesihawu.

* وَلَكُمْ نِصْفُ مَا تَرَكَ أَزْوَاجُكُمْ
إِن لَّمْ يَكُن لَّهُنَّ وَلَدٌ ۚ فَإِن كَانَ لَهُنَّ
وَلَدٌ فَلَكُمُ ٱلرُّبُعُ مِمَّا تَرَكْنَ ۚ مِنۢ بَعْدِ
وَصِيَّةٍ يُوصِينَ بِهَآ أَوْ دَيْنٍ ۚ وَلَهُنَّ ٱلرُّبُعُ
مِمَّا تَرَكْتُمْ إِن لَّمْ يَكُن لَّكُمْ وَلَدٌ ۚ فَإِن
كَانَ لَكُمْ وَلَدٌ فَلَهُنَّ ٱلثُّمُنُ مِمَّا تَرَكْتُم ۚ
مِّنۢ بَعْدِ وَصِيَّةٍ تُوصُونَ بِهَآ أَوْ دَيْنٍ ۗ
وَإِن كَانَ رَجُلٌ يُورَثُ كَلَٰلَةً أَوِ ٱمْرَأَةٌ
وَلَهُۥٓ أَخٌ أَوْ أُخْتٌ فَلِكُلِّ وَٰحِدٍ مِّنْهُمَا
ٱلسُّدُسُ ۚ فَإِن كَانُوٓا۟ أَكْثَرَ مِن ذَٰلِكَ
فَهُمْ شُرَكَآءُ فِى ٱلثُّلُثِ ۚ مِنۢ بَعْدِ وَصِيَّةٍ
يُوصَىٰ بِهَآ أَوْ دَيْنٍ غَيْرَ مُضَآرٍّ ۚ وَصِيَّةً
مِّنَ ٱللَّهِ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَلِيمٌ ﴿١٢﴾

تِلْكَ حُدُودُ ٱللَّهِ ۚ وَمَن يُطِعِ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ يُدْخِلْهُ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۚ وَذَٰلِكَ ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿١٣﴾

13. Leyoke imithetho ka Allah; lowo olalela u Allah neSithunywa saKhe, uyomfaka ezivandeni okugeleza ngaphansi kwazo imifula bahlale kuzo unaphakade. Iyonake leyo impumelelo enkulu.

وَمَن يَعْصِ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ وَيَتَعَدَّ حُدُودَهُۥ يُدْخِلْهُ نَارًا خَٰلِدًا فِيهَا وَلَهُۥ عَذَابٌ مُّهِينٌ ﴿١٤﴾

14. Lowo ongalaleli u Allah neSithunywa saKhe aphule nemithetho yaKhe, uyomufaka eMlilweni abhadle kuwo unaphakade futhi uyothola isijeziso esihlazayo.

وَٱلَّٰتِى يَأْتِينَ ٱلْفَٰحِشَةَ مِن نِّسَآئِكُمْ فَٱسْتَشْهِدُوا۟ عَلَيْهِنَّ أَرْبَعَةً مِّنكُمْ ۖ فَإِن شَهِدُوا۟ فَأَمْسِكُوهُنَّ فِى ٱلْبُيُوتِ حَتَّىٰ يَتَوَفَّىٰهُنَّ ٱلْمَوْتُ أَوْ يَجْعَلَ ٱللَّهُ لَهُنَّ سَبِيلًا ﴿١٥﴾

15. Lowo ophingayo kubafazi benu, tholani kini abane abangafakazisa ngabo kulokho. Uma befakaza, bagwebeni ezindlini baze baficwe ukufa noma u Allah abenzele ndlela thize.

وَٱلَّذَانِ يَأْتِيَٰنِهَا مِنكُمْ فَـَٔاذُوهُمَا ۖ فَإِن تَابَا وَأَصْلَحَا فَأَعْرِضُوا۟ عَنْهُمَآ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ تَوَّابًا رَّحِيمًا ﴿١٦﴾

16. Labo ababili [umfazi nendoda abangashadile] kini abaphingayo bajeziseni. Kepha uma bezisola benze ukulunga bayekeleni, ngokuba u Allah Uyathethelela Unesihawu.

إِنَّمَا ٱلتَّوْبَةُ عَلَى ٱللَّهِ لِلَّذِينَ يَعْمَلُونَ ٱلسُّوٓءَ بِجَهَٰلَةٍ ثُمَّ يَتُوبُونَ مِن قَرِيبٍ فَأُو۟لَٰٓئِكَ يَتُوبُ ٱللَّهُ عَلَيْهِمْ ۗ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلِيمًا حَكِيمًا ﴿١٧﴾

17. Intethelelo ka Allah ikulabo abenza okubi ngokungazi kepha bazisole masinyane; yiboke labo u Allah abathethelelayo, futhi u Allah Wazi konke Ukhaliphile.

وَلَيْسَتِ ٱلتَّوْبَةُ لِلَّذِينَ يَعْمَلُونَ
ٱلسَّيِّـَٔاتِ حَتَّىٰٓ إِذَا حَضَرَ أَحَدَهُمُ
ٱلْمَوْتُ قَالَ إِنِّى تُبْتُ ٱلْـَٰٔنَ وَلَا ٱلَّذِينَ
يَمُوتُونَ وَهُمْ كُفَّارٌ ۚ أُو۟لَـٰٓئِكَ أَعْتَدْنَا لَهُمْ
عَذَابًا أَلِيمًا ﴿١٨﴾

18. Abayikuyithola intethelelo labo abenza ukuphambuka, omunye wabo aze aficwe ukufa, athi: "Ngiyazisola manje!" kanye nalabo abashona bengakholwa. Yiboke labo Esibalungiselele isijeziso esinzima.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا يَحِلُّ لَكُمْ أَن
تَرِثُوا۟ ٱلنِّسَآءَ كَرْهًا ۖ وَلَا تَعْضُلُوهُنَّ
لِتَذْهَبُوا۟ بِبَعْضِ مَآ ءَاتَيْتُمُوهُنَّ إِلَّآ
أَن يَأْتِينَ بِفَـٰحِشَةٍ مُّبَيِّنَةٍ ۚ وَعَاشِرُوهُنَّ
بِٱلْمَعْرُوفِ ۚ فَإِن كَرِهْتُمُوهُنَّ فَعَسَىٰٓ أَن
تَكْرَهُوا۟ شَيْـًٔا وَيَجْعَلَ ٱللَّهُ فِيهِ خَيْرًا
كَثِيرًا ﴿١٩﴾

19. Nina enikholwayo anivunyelwe ukuthatha abafazi njengefa ngenkani noma ukubavimbela ukuhamba nokunye kwalokhu enibanike kona, ngaphandle uma benze amanyala asobala. Niphilisane nabo kahle; uma ningabathatndi, kungenzeka ukuba ningayithandi into kepha ayifake izibusiso eziningi.

وَإِنْ أَرَدتُّمُ ٱسْتِبْدَالَ زَوْجٍ مَّكَانَ زَوْجٍ
وَءَاتَيْتُمْ إِحْدَىٰهُنَّ قِنطَارًا فَلَا تَأْخُذُوا۟
مِنْهُ شَيْـًٔا ۚ أَتَأْخُذُونَهُۥ بُهْتَـٰنًا وَإِثْمًا
مُّبِينًا ﴿٢٠﴾

20. Uma nifuna ukuthatha omunye umfazi esikhundleni somunye, nibe kade ninike omunye wabo izindodla [zamalobolo]; ningalokothi nithathe utho kuzo; ingabe nikuthatha ngokungemthetho nangempambuko esobala na?

وَكَيْفَ تَأْخُذُونَهُۥ وَقَدْ أَفْضَىٰ
بَعْضُكُمْ إِلَىٰ بَعْضٍ وَأَخَذْنَ مِنكُم
مِّيثَـٰقًا غَلِيظًا ﴿٢١﴾

21. Futhi nizithatha kanjani, nibe kade nisondelene futhi bathatha isibophezelo esiqinile kini.

وَلَا تَنكِحُوا۟ مَا نَكَحَ ءَابَآؤُكُم مِّنَ
ٱلنِّسَآءِ إِلَّا مَا قَدْ سَلَفَ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ
فَـٰحِشَةً وَمَقْتًا وَسَآءَ سَبِيلًا ﴿٢٢﴾

22. Ningashadi abafazi ababeshade noyihlo, ngaphandle kwalokho okwendlula; ngokuba kuyichilo namanyala nento embi.

23. Ninqatshelwe [ukushada] onyoko namadodakazi enu nodadewenu nobabekazi benu nodadewabo bonyoko namadodakazi abafoweni namadodakazi odadewenu nonyoko abanincelisa nodadewenu enancela nabo nomamezala benu namadodakazi abafazi benu enendlale nabo – kepha uma ningendlalanga nabo aninacala – nababafazi bamadodana enu azalwa yinina nokubhanqa izelamani, ngaphandle kwalokho okwendlula. Nebala u Allah Uyathethelela Unesihawu.

حُرِّمَتْ عَلَيْكُمْ أُمَّهَٰتُكُمْ وَبَنَاتُكُمْ
وَأَخَوَٰتُكُمْ وَعَمَّٰتُكُمْ وَخَٰلَٰتُكُمْ
وَبَنَاتُ ٱلْأَخِ وَبَنَاتُ ٱلْأُخْتِ وَأُمَّهَٰتُكُمُ
ٱلَّٰتِىٓ أَرْضَعْنَكُمْ وَأَخَوَٰتُكُم مِّنَ
ٱلرَّضَٰعَةِ وَأُمَّهَٰتُ نِسَآئِكُمْ وَرَبَٰٓئِبُكُمُ
ٱلَّٰتِى فِى حُجُورِكُم مِّن نِّسَآئِكُمُ ٱلَّٰتِى
دَخَلْتُم بِهِنَّ فَإِن لَّمْ تَكُونُوا۟ دَخَلْتُم
بِهِنَّ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ وَحَلَٰٓئِلُ
أَبْنَآئِكُمُ ٱلَّذِينَ مِنْ أَصْلَٰبِكُمْ وَأَن
تَجْمَعُوا۟ بَيْنَ ٱلْأُخْتَيْنِ إِلَّا مَا قَدْ سَلَفَ ۗ
إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿٢٣﴾

24. Futhi ninqatshelwe ukushada abafazi abaganile ngaphandleke kwezigqila ezingamabibi enu. Nivunyelwe ukushada abanye ngomcebo wenu nokuzyithiba nokungaphingi. Labo eningcebeleke nabo, banikeni ilobolo laboelibekiwe; akunankingake kulokho enivumelana ngakho emuva kwelobolo. U Allah Wazi konke Ukhaliphile.

* وَٱلْمُحْصَنَٰتُ مِنَ ٱلنِّسَآءِ إِلَّا مَا
مَلَكَتْ أَيْمَٰنُكُمْ ۖ كِتَٰبَ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ ۚ
وَأُحِلَّ لَكُم مَّا وَرَآءَ ذَٰلِكُمْ أَن تَبْتَغُوا۟
بِأَمْوَٰلِكُم مُّحْصِنِينَ غَيْرَ مُسَٰفِحِينَ ۚ
فَمَا ٱسْتَمْتَعْتُم بِهِۦ مِنْهُنَّ فَـَٔاتُوهُنَّ
أُجُورَهُنَّ فَرِيضَةً ۚ وَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ
فِيمَا تَرَٰضَيْتُم بِهِۦ مِنۢ بَعْدِ ٱلْفَرِيضَةِ ۚ
إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَلِيمًا حَكِيمًا ﴿٢٤﴾

25. Lowo ongenawo amandla okushada abafazi abakholwayo abakhululekile, bangashada izigqila zamantombazane ezingaphansi kwenu ezikholwayo; u Allah Owazi kangcono ngokholo lwenu;

وَمَن لَّمْ يَسْتَطِعْ مِنكُمْ طَوْلًا أَن يَنكِحَ
ٱلْمُحْصَنَٰتِ ٱلْمُؤْمِنَٰتِ فَمِن مَّا مَلَكَتْ
أَيْمَٰنُكُم مِّن فَتَيَٰتِكُمُ ٱلْمُؤْمِنَٰتِ ۚ وَٱللَّهُ
أَعْلَمُ بِإِيمَٰنِكُمْ ۚ بَعْضُكُم مِّنۢ بَعْضٍ ۚ

فَٱنكِحُوهُنَّ بِإِذۡنِ أَهۡلِهِنَّ وَءَاتُوهُنَّ أُجُورَهُنَّ بِٱلۡمَعۡرُوفِ مُحۡصَنَٰتٍ غَيۡرَ مُسَٰفِحَٰتٖ وَلَا مُتَّخِذَٰتِ أَخۡدَانٖۚ فَإِذَآ أُحۡصِنَّ فَإِنۡ أَتَيۡنَ بِفَٰحِشَةٖ فَعَلَيۡهِنَّ نِصۡفُ مَا عَلَى ٱلۡمُحۡصَنَٰتِ مِنَ ٱلۡعَذَابِۚ ذَٰلِكَ لِمَنۡ خَشِيَ ٱلۡعَنَتَ مِنكُمۡۚ وَأَن تَصۡبِرُواْ خَيۡرٞ لَّكُمۡۗ وَٱللَّهُ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ٢٥

niyimbumba. Ngakhoke washadeni ngemvumo yemindeni yawo futhi niwanike amalobo azo ngokomthetho; azithibe angaphingi futhi angabi nawo amashende. Uma eseganile, wabe esenza ichilo, uyokujeziswa ngesigamu salokho okujeziswa abafazi abakhululekile abaganile. Lokho okwalowo kini owesaba ubunzima; kepha ukuba nibekezele yikona okungcono; futhi u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

يُرِيدُ ٱللَّهُ لِيُبَيِّنَ لَكُمۡ وَيَهۡدِيَكُمۡ سُنَنَ ٱلَّذِينَ مِن قَبۡلِكُمۡ وَيَتُوبَ عَلَيۡكُمۡۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٞ ٢٦

26. U Allah ufuna ukunicacisela nokunitshengisa izinkambo zalabo abanandulelayo futhi anithethelele, ngokuba u Allah Wazi konke Ukhaliphile.

وَٱللَّهُ يُرِيدُ أَن يَتُوبَ عَلَيۡكُمۡ وَيُرِيدُ ٱلَّذِينَ يَتَّبِعُونَ ٱلشَّهَوَٰتِ أَن تَمِيلُواْ مَيۡلًا عَظِيمٗا ٢٧

27. Belu u Allah ufuna ukunithethelela, kanti laba abalandela izinkanuko bafuna ukuba niphambuke impambuko enkulu.

يُرِيدُ ٱللَّهُ أَن يُخَفِّفَ عَنكُمۡۚ وَخُلِقَ ٱلۡإِنسَٰنُ ضَعِيفٗا ٢٨

28. U Allah ufuna ukunenzela lula; bheka ngoba ubuntu wadalwa ebuthaka.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَأۡكُلُوٓاْ أَمۡوَٰلَكُم بَيۡنَكُم بِٱلۡبَٰطِلِ إِلَّآ أَن تَكُونَ تِجَٰرَةً عَن تَرَاضٖ مِّنكُمۡۚ وَلَا تَقۡتُلُوٓاْ أَنفُسَكُمۡۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ بِكُمۡ رَحِيمٗا ٢٩

29. Nina enikholwayo! Ningadli umcebo wenu phakathi kwenu ngokungemthetho. Ngaphandleke uma kuwuhwebo ngokuvumelana. Futhi ningabulalani, ngokuba u Allah Unesihe kini.

وَمَن يَفْعَلْ ذَٰلِكَ عُدْوَٰنًا وَظُلْمًا فَسَوْفَ نُصْلِيهِ نَارًا ۚ وَكَانَ ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ يَسِيرًا ﴿٣٠﴾

30. Kepha ozokwenza lokho ngokungalaleli nangobuhlongandlebe, siyomfaka eMlilweni; futhi lokho kuyinto elula ku Allah.

إِن تَجْتَنِبُوا۟ كَبَآئِرَ مَا تُنْهَوْنَ عَنْهُ نُكَفِّرْ عَنكُمْ سَيِّـَٔاتِكُمْ وَنُدْخِلْكُم مُّدْخَلًا كَرِيمًا ﴿٣١﴾

31. Uma nizithiba ezimpambukweni ezinkulu eninqatshelwe zona; Sizonithethelela izimpambuko zenu siphinde Sinifake Endaweni Ehloniphekile [iJana].

وَلَا تَتَمَنَّوْا۟ مَا فَضَّلَ ٱللَّهُ بِهِۦ بَعْضَكُمْ عَلَىٰ بَعْضٍ ۚ لِّلرِّجَالِ نَصِيبٌ مِّمَّا ٱكْتَسَبُوا۟ ۖ وَلِلنِّسَآءِ نَصِيبٌ مِّمَّا ٱكْتَسَبْنَ ۚ وَسْـَٔلُوا۟ ٱللَّهَ مِن فَضْلِهِۦٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمًا ﴿٣٢﴾

32. Ningabolangazelele lokho u Allah abusise abanye benu ngakho kwabanye. Ngokuba amadoda anesabelo kulokho akuzuzile, kanjalo nabafazi banesabelo kulokho abakuzuzile. Nebala u Allah unolwazi ngayo yonke into.

وَلِكُلٍّ جَعَلْنَا مَوَٰلِىَ مِمَّا تَرَكَ ٱلْوَٰلِدَانِ وَٱلْأَقْرَبُونَ ۚ وَٱلَّذِينَ عَقَدَتْ أَيْمَٰنُكُمْ فَـَٔاتُوهُمْ نَصِيبَهُمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ شَهِيدًا ﴿٣٣﴾

33. Wonke umuntu simenzele izindlalifa kulokho okushiywa abazali nezihlobo. Laboke enibathembisile, bapheni isabelo sabo. Nebala u Allah Ungufakazi kuyo yonke into.

ٱلرِّجَالُ قَوَّٰمُونَ عَلَى ٱلنِّسَآءِ بِمَا فَضَّلَ ٱللَّهُ بَعْضَهُمْ عَلَىٰ بَعْضٍ وَبِمَآ أَنفَقُوا۟ مِنْ أَمْوَٰلِهِمْ ۚ فَٱلصَّٰلِحَٰتُ قَٰنِتَٰتٌ حَٰفِظَٰتٌ لِّلْغَيْبِ بِمَا حَفِظَ ٱللَّهُ ۚ وَٱلَّٰتِى تَخَافُونَ نُشُوزَهُنَّ فَعِظُوهُنَّ وَٱهْجُرُوهُنَّ فِى ٱلْمَضَاجِعِ وَٱضْرِبُوهُنَّ ۖ فَإِنْ أَطَعْنَكُمْ فَلَا تَبْغُوا۟ عَلَيْهِنَّ سَبِيلًا ۗ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَلِيًّا كَبِيرًا ﴿٣٤﴾

34. Amadoda angabanakekeli babafazi ngalokho u Allah aqoke ngakho abanye phezu kwabanye nangalokho abakuchithayo emcebeni wabo. Labo bafazi abaqotho abahloniphayo abanakekela izinto lapho [indoda] ingekho, ngendlela ka Allah, [baphatheni kahle]. Kanti labo enexwaya ukushinga kwabo, belulekeni nibadube

ekundlaleni noma nibashaye[1]. Kepha uma benihlonipha ningabasuseli uchuku. U Allah uhlezi Ephezulu Emkhulu.

وَإِنْ خِفْتُمْ شِقَاقَ بَيْنِهِمَا فَٱبْعَثُوا۟
حَكَمًا مِّنْ أَهْلِهِۦ وَحَكَمًا مِّنْ أَهْلِهَآ
إِن يُرِيدَآ إِصْلَٰحًا يُوَفِّقِ ٱللَّهُ بَيْنَهُمَآ ۗ إِنَّ
ٱللَّهَ كَانَ عَلِيمًا خَبِيرًا ﴿٣٥﴾

35. Uma nesaba ukwehlukana phakathi kwabo [abashadile], thumelani umeluleki wakwabo ndoda nomeluleki wakwabo mfazi; uma befuna [abaluleki] ubuyiswano [phakathi kwabashadile] u Allah uzobapha amandla. Nebala u Allah Wazi konke Uqaphe konke.

* وَٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ وَلَا تُشْرِكُوا۟ بِهِۦ شَيْـًٔا ۖ
وَبِٱلْوَٰلِدَيْنِ إِحْسَٰنًا وَبِذِى ٱلْقُرْبَىٰ
وَٱلْيَتَٰمَىٰ وَٱلْمَسَٰكِينِ وَٱلْجَارِ ذِى
ٱلْقُرْبَىٰ وَٱلْجَارِ ٱلْجُنُبِ وَٱلصَّاحِبِ
بِٱلْجَنۢبِ وَٱبْنِ ٱلسَّبِيلِ وَمَا مَلَكَتْ
أَيْمَٰنُكُمْ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ مَن كَانَ
مُخْتَالًا فَخُورًا ﴿٣٦﴾

36. Khonzani u Allah ningamubhanqi nalutho; futhi niphathe abazali ngesihle, nezihlobo, nezintandane, nabachakile, nomakhelwane oseduze, nomakhelwane obuqama, nalowo oba seduze[2], nomhambi kanye nalabo abasezandleni zenu [izigqila]. Ngokuba u Allah akamthandi lowo ozigqajayo nochomayo.

ٱلَّذِينَ يَبْخَلُونَ وَيَأْمُرُونَ ٱلنَّاسَ بِٱلْبُخْلِ
وَيَكْتُمُونَ مَآ ءَاتَىٰهُمُ ٱللَّهُ مِن فَضْلِهِۦ ۗ
وَأَعْتَدْنَا لِلْكَٰفِرِينَ عَذَابًا مُّهِينًا ﴿٣٧﴾

37. Labo abancintshanayo futhi bagqugquzele abantu ngokuncintshana baphinde bafihle lokho u Allah abaphe

1 Ukushaya umfazi akusho ukumgandaya nokubhokloza, kepha ukumthintathinta emzimbeni angasali nesibazi. Kantike akuvumelekanga ukubeka umuntu isandla ebusweni nangoba ubani, ngisho izingane imbala.

2 Yilowo osendelana nawe ngandlela thize; kungaba umngani noma umfazi noma ozakweni emsebenzini noma ohambeni, njalonjalo.

kona[1] ngomusa waKhe. Silungisele labo abangakholwa isijeziso esihlazayo.

38. Nalabo abanikela ngomcebo wabo ukuzibonakalisa ebantwini futhi bengakholwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina. Kantike lowo omngani wakhe ngu*Shayitani*, waze wamubi umngani.

وَٱلَّذِينَ يُنفِقُونَ أَمْوَٰلَهُمْ رِئَآءَ ٱلنَّاسِ وَلَا يُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَلَا بِٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ ۗ وَمَن يَكُنِ ٱلشَّيْطَٰنُ لَهُۥ قَرِينًا فَسَآءَ قَرِينًا ﴿٣٨﴾

39. Bavinjwe yini ukuba bakholwe ku Allah nasoSukwini lokuGcina banikele kulokho u Allah ababele kona. Futhi u Allah Wazi konke ngabo.

وَمَاذَا عَلَيْهِمْ لَوْ ءَامَنُوا۟ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ وَأَنفَقُوا۟ مِمَّا رَزَقَهُمُ ٱللَّهُ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ بِهِمْ عَلِيمًا ﴿٣٩﴾

40. U Allah akaqili ngisho uhlamvu oluncane, uma kuyisenzo sihle Uyasiphindaphinda Aphe umvuzo omkhulu ovela kuYe.

إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَظْلِمُ مِثْقَالَ ذَرَّةٍ ۖ وَإِن تَكُ حَسَنَةً يُضَٰعِفْهَا وَيُؤْتِ مِن لَّدُنْهُ أَجْرًا عَظِيمًا ﴿٤٠﴾

41. Kuyobanjani mhla Siletha ufakazi kuzo zonke izizwe na? Silethe wena njengofakazi ngalaba.

فَكَيْفَ إِذَا جِئْنَا مِن كُلِّ أُمَّةٍۭ بِشَهِيدٍ وَجِئْنَا بِكَ عَلَىٰ هَٰٓؤُلَآءِ شَهِيدًا ﴿٤١﴾

42. Ngalolosuku labo abangakholwa futhi bangalalelanga iSithunywa, bayofisa engathi umhlaba ungabagwinya futhi ayikho inkulumo abazoyifihlela u Allah.

يَوْمَئِذٍ يَوَدُّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَعَصَوُا۟ ٱلرَّسُولَ لَوْ تُسَوَّىٰ بِهِمُ ٱلْأَرْضُ وَلَا يَكْتُمُونَ ٱللَّهَ حَدِيثًا ﴿٤٢﴾

43. Nina enikholwayo! Ningasondeli ku*Swala* nidakiwe kuze kube niyakwazi enikukhulumayo noma uma nikusimo

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تَقْرَبُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَأَنتُمْ سُكَٰرَىٰ حَتَّىٰ تَعْلَمُوا۟ مَا تَقُولُونَ وَلَا جُنُبًا إِلَّا عَابِرِى سَبِيلٍ حَتَّىٰ تَغْتَسِلُوا۟ ۚ

1 Bazifihla izibusiso zika Allah ngokuphika ukuthi u Allah obaphe zona. Kunalokho bazindondonya isifuba lapho beqosha ukuthi ukuhlakanipha kwabo okubalethe lokho abanakho.

seJanaba – ngaphandle kwaloyo ongumhambi – kuze kube niyageza. Kepha uma nigula noma nisohambeni noma omunye wenu ebuya ukuyozikhulula noma benikade nilele nabafazi, nangatholi amanzi; yenzani *iTayamumu* ngothuli oluhlanzekile, nisule ubuso nezandla zenu; impela u-Allah Uyaxolela Uyathethelela.

وَإِن كُنتُم مَّرْضَىٰٓ أَوْ عَلَىٰ سَفَرٍ أَوْ جَآءَ أَحَدٌ مِّنكُم مِّنَ ٱلْغَآئِطِ أَوْ لَٰمَسْتُمُ ٱلنِّسَآءَ فَلَمْ تَجِدُوا۟ مَآءً فَتَيَمَّمُوا۟ صَعِيدًا طَيِّبًا فَٱمْسَحُوا۟ بِوُجُوهِكُمْ وَأَيْدِيكُمْ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَفُوًّا غَفُورًا ﴿٤٣﴾

44. Awubabonanga na, ukuthi labo abanikwa isabelo seNcwadi baqoka ukuphambuka futhi balangazelela ukuthi nani niphambuke endleleni eqondile.

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ نَصِيبًا مِّنَ ٱلْكِتَٰبِ يَشْتَرُونَ ٱلضَّلَٰلَةَ وَيُرِيدُونَ أَن تَضِلُّوا۟ ٱلسَّبِيلَ ﴿٤٤﴾

45. U Allah Uzazi kahle izitha zenu; futhi u Allah wenele njengoMvikeli futhi wenele njengoMhlengi.

وَٱللَّهُ أَعْلَمُ بِأَعْدَآئِكُمْ ۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ وَلِيًّا وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ نَصِيرًا ﴿٤٥﴾

46. Kulabo abangamaJuda kunalabo abahlanakezela incazelo yamazwi kekushoyo, futhi bathi: "Siyezwa futhi asilalele, ulalele ungalalelwa futhi usinake!" bephendula ulimi lwabo futhi begxeka inkolo. Ukube nje bathi: "siyezwa futhi silalele, ulalele futhi usiphe isikhathi" bekuyobangcono kubo futhi kube qotho; kepha u Allah ubaqalekisile ngenxa yokungakholwa kwabo, ngakhoke bayidlanzana abakholwayo.

مِّنَ ٱلَّذِينَ هَادُوا۟ يُحَرِّفُونَ ٱلْكَلِمَ عَن مَّوَاضِعِهِۦ وَيَقُولُونَ سَمِعْنَا وَعَصَيْنَا وَٱسْمَعْ غَيْرَ مُسْمَعٍ وَرَٰعِنَا لَيًّۢا بِأَلْسِنَتِهِمْ وَطَعْنًا فِى ٱلدِّينِ ۚ وَلَوْ أَنَّهُمْ قَالُوا۟ سَمِعْنَا وَأَطَعْنَا وَٱسْمَعْ وَٱنظُرْنَا لَكَانَ خَيْرًا لَّهُمْ وَأَقْوَمَ وَلَٰكِن لَّعَنَهُمُ ٱللَّهُ بِكُفْرِهِمْ فَلَا يُؤْمِنُونَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿٤٦﴾

47. Nina enanikwa iMibhalo! Kholwani kulokho Esikwembulele kufakazisa lokho eninakho, ngaphambi kokuba sinisuse ubuso sibubhekise emuva noma sibaqalekise njengoba saqalekisa labo beSabatha. Umyalelo ka Allah nakanjani uyenzeka.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَـٰبَ ءَامِنُوا۟ بِمَا نَزَّلْنَا مُصَدِّقًا لِّمَا مَعَكُم مِّن قَبْلِ أَن نَّطْمِسَ وُجُوهًا فَنَرُدَّهَا عَلَىٰٓ أَدْبَارِهَآ أَوْ نَلْعَنَهُمْ كَمَا لَعَنَّآ أَصْحَـٰبَ ٱلسَّبْتِ ۚ وَكَانَ أَمْرُ ٱللَّهِ مَفْعُولًا ﴿٤٧﴾

48. Ngempela u Allah akakuthethelela ukuba abhanqwe notho, kepha ngale kwalokho uthethelela noma yini. Lowo obhanqa u Allah, nebala wenze ichilo elikhulu.

إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَغْفِرُ أَن يُشْرَكَ بِهِۦ وَيَغْفِرُ مَا دُونَ ذَٰلِكَ لِمَن يَشَآءُ ۚ وَمَن يُشْرِكْ بِٱللَّهِ فَقَدِ ٱفْتَرَىٰٓ إِثْمًا عَظِيمًا ﴿٤٨﴾

49. Awubabonga na, labo abazitusayo; empeleni u Allah otusa amthandayo futhi abayikuqilwa ngisho insila imbala.

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ يُزَكُّونَ أَنفُسَهُم ۚ بَلِ ٱللَّهُ يُزَكِّى مَن يَشَآءُ وَلَا يُظْلَمُونَ فَتِيلًا ﴿٤٩﴾

50. Bheka nje ukuthi bamqambela kanjani amanga u Allah; kwenele ukuba impambuko esobala.

ٱنظُرْ كَيْفَ يَفْتَرُونَ عَلَى ٱللَّهِ ٱلْكَذِبَ ۖ وَكَفَىٰ بِهِۦٓ إِثْمًا مُّبِينًا ﴿٥٠﴾

51. Awubabonanga na, labo abanikwa isabelo seNcwadi, bakholwa kulokho okukhonzwa ngaphandle kuka Allah, kuthi kulabo abangakholwa bathi: "Laba basendleleni eqondile ukundlula labo abakholwayo."

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ نَصِيبًا مِّنَ ٱلْكِتَـٰبِ يُؤْمِنُونَ بِٱلْجِبْتِ وَٱلطَّـٰغُوتِ وَيَقُولُونَ لِلَّذِينَ كَفَرُوا۟ هَـٰٓؤُلَآءِ أَهْدَىٰ مِنَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ سَبِيلًا ﴿٥١﴾

52. Yiboke labo u Allah abaqalekisile; kanti lowo oqalekiswe ngu Allah awusoze wamtholela umsizi.

أُو۟لَـٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ لَعَنَهُمُ ٱللَّهُ ۖ وَمَن يَلْعَنِ ٱللَّهُ فَلَن تَجِدَ لَهُۥ نَصِيرًا ﴿٥٢﴾

53. Kumbe banesabelo ebukhosini; bebengeke baphe muntu ngisho indumba.

أَمْ لَهُمْ نَصِيبٌ مِّنَ ٱلْمُلْكِ فَإِذًا لَّا يُؤْتُونَ ٱلنَّاسَ نَقِيرًا ﴿٥٣﴾

54. Kumbe badlela abantu umona kulokho u Allah abaphe kona ngomusa waKhe. Nebala, Sanika Uzalo luka *Ibhirahimu* iNcwadi ne*Hikima* [izinkambiso zokugcina imiyalelo ka Allah], Sabanika ubukhosi obukhulu[1].

أَمْ يَحْسُدُونَ ٱلنَّاسَ عَلَىٰ مَآ ءَاتَىٰهُمُ ٱللَّهُ مِن فَضْلِهِۦ ۖ فَقَدْ ءَاتَيْنَآ ءَالَ إِبْرَٰهِيمَ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْحِكْمَةَ وَءَاتَيْنَٰهُم مُّلْكًا عَظِيمًا ﴿٥٤﴾

55. Kunalabo kubo [kumaJuda] abakholwakuye [uMuhamadi] kanti futhi kunalabo abaxwayisa ngaye; uMlilo weJahanamu wanele.

فَمِنْهُم مَّنْ ءَامَنَ بِهِۦ وَمِنْهُم مَّن صَدَّ عَنْهُ ۚ وَكَفَىٰ بِجَهَنَّمَ سَعِيرًا ﴿٥٥﴾

56. Labo abangakholwa kwimibiko Yethu Sizobafaka eMlilweni, kuyothi njalo lapho izikhumba zabo sezivuthiwe, Sibahlinzeke ngezinye ukuze basizwe isijeziso. Nebala u Allah unguSomandla Okhaliphile.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَا سَوْفَ نُصْلِيهِمْ نَارًا كُلَّمَا نَضِجَتْ جُلُودُهُم بَدَّلْنَٰهُمْ جُلُودًا غَيْرَهَا لِيَذُوقُوا۟ ٱلْعَذَابَ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَزِيزًا حَكِيمًا ﴿٥٦﴾

57. Labo abakholwayo benze nokuhle, bona Sizobangenisa eZivandeni okugeleza ngaphansi kwazo imifula, bahlale khona unaphakade. Bayothola kuzo abafazi abamsulwa futhi Sizobafaka emthunzini obanzi.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ سَنُدْخِلُهُمْ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدًا ۖ لَّهُمْ فِيهَآ أَزْوَٰجٌ مُّطَهَّرَةٌ ۖ وَنُدْخِلُهُمْ ظِلًّا ظَلِيلًا ﴿٥٧﴾

58. U Allah uniyalela ukuba nibuyisele izimfanelo kunonina, futhi lapho nahlulela phakathi kwabantu nehlulele ngobulungiswa; kwaze kwakuhle

* إِنَّ ٱللَّهَ يَأْمُرُكُمْ أَن تُؤَدُّوا۟ ٱلْأَمَٰنَٰتِ إِلَىٰٓ أَهْلِهَا وَإِذَا حَكَمْتُم بَيْنَ ٱلنَّاسِ أَن تَحْكُمُوا۟ بِٱلْعَدْلِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ نِعِمَّا يَعِظُكُم بِهِۦٓ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ سَمِيعًۢا بَصِيرًا ﴿٥٨﴾

1 U Allah walubusisa kakhulu uzalo luka *Ibhirahimu*, iZithunywa eziningi ezathunyelwa kumaJuda ziwuzalo lwakhe kanti neSithunywa esathunyelwa kusintu sonkana uMuhamadi siwuzalo lwakhe. Amakhosi aqavile anjengo *Dawudi* nendodana yakhe *uSulayimani*, banguzalo luka *Ibhirahimu*. Yingakho wazeduma ngelokuthi unguBaba weZithunywa.

lokho u Allah aniyalela kona; nebala u Allah Ungozwa konke Obona konke.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ أَطِيعُواْ ٱللَّهَ وَأَطِيعُواْ ٱلرَّسُولَ وَأُوْلِى ٱلْأَمْرِ مِنكُمْۖ فَإِن تَنَـٰزَعْتُمْ فِى شَىْءٍ فَرُدُّوهُ إِلَى ٱللَّهِ وَٱلرَّسُولِ إِن كُنتُمْ تُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْـَٔاخِرِۚ ذَٰلِكَ خَيْرٌ وَأَحْسَنُ تَأْوِيلًا ﴿٥٩﴾

59. Nina enikholwayo! Lalelani u Allah nilalele neSithunywa nalabo benu abaphethe; uma niphikisana ngokuthize kwethuleni ku Allah neSithunywa uma nikholwa ku Allah noSuku lokuGcina; yikona lokho okungcono nesiphetho esingcono.

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ يَزْعُمُونَ أَنَّهُمْ ءَامَنُواْ بِمَآ أُنزِلَ إِلَيْكَ وَمَآ أُنزِلَ مِن قَبْلِكَ يُرِيدُونَ أَن يَتَحَاكَمُوٓاْ إِلَى ٱلطَّـٰغُوتِ وَقَدْ أُمِرُوٓاْ أَن يَكْفُرُواْ بِهِۦ وَيُرِيدُ ٱلشَّيْطَـٰنُ أَن يُضِلَّهُمْ ضَلَـٰلًۢا بَعِيدًا ﴿٦٠﴾

60. Awubabonanga labo abaqhakambisa ukuthi bakholwa kulokho okwembulelwe kuwe nalokho okwembulelwa ngaphambi kwakho, bafuna ukusebenzisa umthetho wo*Twakuti* [okuhlonishwa ukwendlula u Allah], nakuba beyalelwe ukuba bangakholwa kubo [*oTwakuti*]; futhi noShayitwani ufuna ukuba balahleke kakhulu.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمْ تَعَالَوْاْ إِلَىٰ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ وَإِلَى ٱلرَّسُولِ رَأَيْتَ ٱلْمُنَـٰفِقِينَ يَصُدُّونَ عَنكَ صُدُودًا ﴿٦١﴾

61. Uma betshelwa ukuthi: "wozani kulokho [umthetho] u Allah akwembulele nakuSithunywa", ubona ngamaphixiphixi eseziqhelelanisa kude nawe.

فَكَيْفَ إِذَآ أَصَـٰبَتْهُم مُّصِيبَةٌۢ بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيهِمْ ثُمَّ جَآءُوكَ يَحْلِفُونَ بِٱللَّهِ إِنْ أَرَدْنَآ إِلَّآ إِحْسَـٰنًا وَتَوْفِيقًا ﴿٦٢﴾

62. Kuyobanjani uma behlelwa umshophi ngenxa yezenzo zabo, bese beza kuwe befunga ngo Allah [bethi]: "Besingahlose lutho ngaphandle nje kokuhle neqiniso.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ يَعْلَمُ ٱللَّهُ مَا فِى قُلُوبِهِمْ فَأَعْرِضْ عَنْهُمْ وَعِظْهُمْ وَقُل لَّهُمْ فِىٓ أَنفُسِهِمْ قَوْلًۢا بَلِيغًا ﴿٦٣﴾

63. Labo u Allah Ukwazi kahle okusezinhlizweni zabo; ngakhoke ziqhelelanise nabo ubeluleke, ubatshele kwezikabhoqo amagama ahlabayo.

وَمَآ أَرْسَلْنَا مِن رَّسُولٍ إِلَّا لِيُطَاعَ بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۚ وَلَوْ أَنَّهُمْ إِذ ظَّلَمُوٓاْ أَنفُسَهُمْ جَآءُوكَ فَٱسْتَغْفَرُواْ ٱللَّهَ وَٱسْتَغْفَرَ لَهُمُ ٱلرَّسُولُ لَوَجَدُواْ ٱللَّهَ تَوَّابًا رَّحِيمًا ﴿٦٤﴾

64. Sonke iSithunywa sisithumele ukuba silalelwe ngemvumo ka Allah. Ukube lapho bephambukile beza kuwe bacela intethelelo ku Allah neSithunywa sabacelela intethelelo, bebezofumanisa u Allah Ethethelela Enesihawu.

فَلَا وَرَبِّكَ لَا يُؤْمِنُونَ حَتَّىٰ يُحَكِّمُوكَ فِيمَا شَجَرَ بَيْنَهُمْ ثُمَّ لَا يَجِدُواْ فِىٓ أَنفُسِهِمْ حَرَجًا مِّمَّا قَضَيْتَ وَيُسَلِّمُواْ تَسْلِيمًا ﴿٦٥﴾

65. Qha, ngeNkosi yakho abasoze bakholwa kuze kube bakuthathe njengomehluleli kwabaphikisana ngakho phakathi kwabo, bese bengabi nankinga kulokho okunqumile bakwamukele ngokuphelele.

وَلَوْ أَنَّا كَتَبْنَا عَلَيْهِمْ أَنِ ٱقْتُلُوٓاْ أَنفُسَكُمْ أَوِ ٱخْرُجُواْ مِن دِيَٰرِكُم مَّا فَعَلُوهُ إِلَّا قَلِيلٌ مِّنْهُمْ ۖ وَلَوْ أَنَّهُمْ فَعَلُواْ مَا يُوعَظُونَ بِهِۦ لَكَانَ خَيْرًا لَّهُمْ وَأَشَدَّ تَثْبِيتًا ﴿٦٦﴾

66. Ukube sabayalela [ukuthi]: "Bulalanani" noma "Phumani niphele emizini yenu" Bebengeke bakwenze lokho ngaphandle kwedlanzana kubo. Ukube nje benze lokho abayalelwe kona, bekuyobangcono kubo futhi bekuyobaqinisa kakhulu.

وَإِذًا لَّءَاتَيْنَٰهُم مِّن لَّدُنَّآ أَجْرًا عَظِيمًا ﴿٦٧﴾

67. Futhi beSizobanika umvuzo omkhulu ovela kithi.

وَلَهَدَيْنَٰهُمْ صِرَٰطًا مُّسْتَقِيمًا ﴿٦٨﴾

68. Siphinde Sibaholele endleleni eqondile.

وَمَن يُطِعِ ٱللَّهَ وَٱلرَّسُولَ فَأُوْلَٰٓئِكَ مَعَ ٱلَّذِينَ أَنۡعَمَ ٱللَّهُ عَلَيۡهِم مِّنَ ٱلنَّبِيِّـۧنَ وَٱلصِّدِّيقِينَ وَٱلشُّهَدَآءِ وَٱلصَّٰلِحِينَۚ وَحَسُنَ أُوْلَٰٓئِكَ رَفِيقٗا ٦٩

69. Lowo olalela u Allah neSithunywa, uyokuba nalabo u Allah ababusisile, iZithunywa nabaQinisile namaQhawe empi kanye nabenzi bokuhle; kuyoba kuhle ukuba nalabo.

ذَٰلِكَ ٱلۡفَضۡلُ مِنَ ٱللَّهِۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ عَلِيمٗا ٧٠

70. Lokho isibusiso esivela ku Allah futhi u Allah wanele ngokwazi konke.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ خُذُواْ حِذۡرَكُمۡ فَٱنفِرُواْ ثُبَاتٍ أَوِ ٱنفِرُواْ جَمِيعٗا ٧١

71. Nina enikholwayo! Hlomani, nigasele ngamaviyo noma ngebutho eliphelele.

وَإِنَّ مِنكُمۡ لَمَن لَّيُبَطِّئَنَّ فَإِنۡ أَصَٰبَتۡكُم مُّصِيبَةٞ قَالَ قَدۡ أَنۡعَمَ ٱللَّهُ عَلَيَّ إِذۡ لَمۡ أَكُن مَّعَهُمۡ شَهِيدٗا ٧٢

72. Kunalabo kini abadembeselayo; uma nehlelwa umshophi, uthi: "u Allah ungibusisile ngokungabi khona nabo".

وَلَئِنۡ أَصَٰبَكُمۡ فَضۡلٞ مِّنَ ٱللَّهِ لَيَقُولَنَّ كَأَن لَّمۡ تَكُۢنۢ بَيۡنَكُمۡ وَبَيۡنَهُۥ مَوَدَّةٞ يَٰلَيۡتَنِي كُنتُ مَعَهُمۡ فَأَفُوزَ فَوۡزًا عَظِيمٗا ٧٣

73. Kanti uma nehlelwe umusa ka Allah, kuba ngathi akukaze kube khona ukuzwana phakathi kwenu naye uma esethi: "Ngaze ngafisa ukuba benginabo bengizohlabana kakhulu".

* فَلۡيُقَٰتِلۡ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ ٱلَّذِينَ يَشۡرُونَ ٱلۡحَيَوٰةَ ٱلدُّنۡيَا بِٱلۡأٓخِرَةِۚ وَمَن يُقَٰتِلۡ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ فَيُقۡتَلۡ أَوۡ يَغۡلِبۡ فَسَوۡفَ نُؤۡتِيهِ أَجۡرًا عَظِيمٗا ٧٤

74. Labo abakhetha impilo yomhlaba kuneLizayo mabalwele u Allah; lowo olwela u Allah, bese eyabulawa noma anqobe Sizomnikeza umvuzo omkhulu.

وَمَا لَكُمۡ لَا تُقَٰتِلُونَ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ وَٱلۡمُسۡتَضۡعَفِينَ مِنَ ٱلرِّجَالِ وَٱلنِّسَآءِ وَٱلۡوِلۡدَٰنِ ٱلَّذِينَ يَقُولُونَ رَبَّنَآ أَخۡرِجۡنَا مِنۡ هَٰذِهِ ٱلۡقَرۡيَةِ ٱلظَّالِمِ أَهۡلُهَا وَٱجۡعَل لَّنَا مِن لَّدُنكَ وَلِيّٗا وَٱجۡعَل لَّنَا مِن لَّدُنكَ نَصِيرًا ٧٥

75. Yini ngani ningalweli u Allah nakuba kunamadoda nabafazi nezingane ababuthaka, abathi: "Nkosi yethu sikhiphe kulendawo obantu bayo bangabahlukumezi futhi usiqokele ngokwakho umvikeli nomhlengi.

76. Labo abakholwayo balwela u Allah, kuthi labo abangakholwa balwele o*Twakuti* [labo abahlonishwa ukundlula u Allah]; ngakhoke yilwani nabangani baka *Shayitani*. Nebala iqhinga lika Shayitani libuthaka.

ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ يُقَٰتِلُونَ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ۖ وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ يُقَٰتِلُونَ فِى سَبِيلِ ٱلطَّٰغُوتِ فَقَٰتِلُوٓا۟ أَوْلِيَآءَ ٱلشَّيْطَٰنِ ۖ إِنَّ كَيْدَ ٱلشَّيْطَٰنِ كَانَ ضَعِيفًا ﴿٧٦﴾

77. Awubabonanga na, labo okwathiwa kubo: "zibambeni ngempi, niqikelele ukwenza iSwala nikhiphe neZaka" Kwathi lapho sebebizelwe empini, uquqaba oluthile kubo lwasaba abantu okuka Allah noma ngokwendlulele; bathi: "Nkosi yethu kungani usibophezele empini, uma nje ungasihlehlisela kancane". Yithi: "Ukuncebeleka komhlaba kuncane kanti eLizayo yilona elingcono kulabo abathobela u Allah futhi aniyukuqilwa ngisho intambo ephuma endumbini yesundu.

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ قِيلَ لَهُمْ كُفُّوٓا۟ أَيْدِيَكُمْ وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتُوا۟ ٱلزَّكَوٰةَ فَلَمَّا كُتِبَ عَلَيْهِمُ ٱلْقِتَالُ إِذَا فَرِيقٌ مِّنْهُمْ يَخْشَوْنَ ٱلنَّاسَ كَخَشْيَةِ ٱللَّهِ أَوْ أَشَدَّ خَشْيَةً ۚ وَقَالُوا۟ رَبَّنَا لِمَ كَتَبْتَ عَلَيْنَا ٱلْقِتَالَ لَوْلَآ أَخَّرْتَنَآ إِلَىٰٓ أَجَلٍ قَرِيبٍ ۗ قُلْ مَتَٰعُ ٱلدُّنْيَا قَلِيلٌ وَٱلْءَاخِرَةُ خَيْرٌ لِّمَنِ ٱتَّقَىٰ وَلَا تُظْلَمُونَ فَتِيلًا ﴿٧٧﴾

78. Kuphi nakuphi la nikhona ukufa kuyonifica ngisho noma nisezinqolobaneni ezivikeliwe. Uma benzekelwe okuhle bathi: "lokhu kuvela ku Allah" Kepha uma behlelwe umshophi bathi: "lokhu ngungenxa yakho". Yithi: "Konke kuvela ku Allah". Yini ngalabantu abayindi sanhlobo inkulumo.

أَيْنَمَا تَكُونُوا۟ يُدْرِككُّمُ ٱلْمَوْتُ وَلَوْ كُنتُمْ فِى بُرُوجٍ مُّشَيَّدَةٍ ۗ وَإِن تُصِبْهُمْ حَسَنَةٌ يَقُولُوا۟ هَٰذِهِۦ مِنْ عِندِ ٱللَّهِ ۖ وَإِن تُصِبْهُمْ سَيِّئَةٌ يَقُولُوا۟ هَٰذِهِۦ مِنْ عِندِكَ ۚ قُلْ كُلٌّ مِّنْ عِندِ ٱللَّهِ ۖ فَمَالِ هَٰٓؤُلَآءِ ٱلْقَوْمِ لَا يَكَادُونَ يَفْقَهُونَ حَدِيثًا ﴿٧٨﴾

مَّآ أَصَابَكَ مِنْ حَسَنَةٍ فَمِنَ ٱللَّهِ ۖ وَمَآ أَصَابَكَ مِن سَيِّئَةٍ فَمِن نَّفْسِكَ ۚ وَأَرْسَلْنَٰكَ لِلنَّاسِ رَسُولًا ۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ شَهِيدًا ﴿٧٩﴾

79. Konke okuhle okukwehlele kuvela ku Allah, kuthi umshophi okwehlelayo ungenxa yakho. Sikuthumele njengeSithunywa kusintu; u Allah ungufakazi owanele.

مَّن يُطِعِ ٱلرَّسُولَ فَقَدْ أَطَاعَ ٱللَّهَ ۖ وَمَن تَوَلَّىٰ فَمَآ أَرْسَلْنَٰكَ عَلَيْهِمْ حَفِيظًا ﴿٨٠﴾

80. Lowo olalela iSithunywa empeleni ulalela u Allah; kanti lowo oshaya indiva, aSikuthumelanga kubo njengomvikeli.

وَيَقُولُونَ طَاعَةٌ فَإِذَا بَرَزُوا۟ مِنْ عِندِكَ بَيَّتَ طَآئِفَةٌ مِّنْهُمْ غَيْرَ ٱلَّذِى تَقُولُ ۖ وَٱللَّهُ يَكْتُبُ مَا يُبَيِّتُونَ ۖ فَأَعْرِضْ عَنْهُمْ وَتَوَكَّلْ عَلَى ٱللَّهِ ۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ وَكِيلًا ﴿٨١﴾

81. Futhi bathi: "Siyalalela" Kepha uma bephuma kuwe, uquqaba oluthile kubo ebusuku luhlanekezela okushilo. U Allah uyakuloba lokho abakukhuluma ebusuku; ngakhoke ziqhelelanise nabo uthembele ku Allah, kwanele ukuthembela ku Allah.

أَفَلَا يَتَدَبَّرُونَ ٱلْقُرْءَانَ ۚ وَلَوْ كَانَ مِنْ عِندِ غَيْرِ ٱللَّهِ لَوَجَدُوا۟ فِيهِ ٱخْتِلَٰفًا كَثِيرًا ﴿٨٢﴾

82. Ingabe abajuli yini ngeKurani, bheka ngoba ukube beyivela komunye ngaphandle kuka Allah bebezofumanisa kuyo ukuphikisana okukhulu.

وَإِذَا جَآءَهُمْ أَمْرٌ مِّنَ ٱلْأَمْنِ أَوِ ٱلْخَوْفِ أَذَاعُوا۟ بِهِۦ ۖ وَلَوْ رَدُّوهُ إِلَى ٱلرَّسُولِ وَإِلَىٰٓ أُو۟لِى ٱلْأَمْرِ مِنْهُمْ لَعَلِمَهُ ٱلَّذِينَ يَسْتَنۢبِطُونَهُۥ مِنْهُمْ ۗ وَلَوْلَا فَضْلُ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَتُهُۥ لَٱتَّبَعْتُمُ ٱلشَّيْطَٰنَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿٨٣﴾

83. Uma kufika kubo udaba olumayelana nezokuphepha noma ingozi, bavele balusakaze. Ukube balwethula kuSithunywa nalabo abaphethe kubo, bebezoliqondisisa kahle labo abaluhlaziyayo kubo. Ukube bekungewona umusa ka Allah phezu kwenu nesihe saKhe, benizolandela u*Shayitani* ngaphandle kwedlanzana nje.

فَقَٰتِلۡ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِۚ لَا تُكَلَّفُ إِلَّا نَفۡسَكَۚ وَحَرِّضِ ٱلۡمُؤۡمِنِينَۖ عَسَى ٱللَّهُ أَن يَكُفَّ بَأۡسَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْۚ وَٱللَّهُ أَشَدُّ بَأۡسٗا وَأَشَدُّ تَنكِيلٗا ٨٤

84. Lwela u Allah, ngeke wethweswe ngale kwakho uqobo futhi gqugquzela abakholwayo; hleze u Allah aqande ufuqufuqu lwalabo abangakholwa, futhi u Allah unamandla anzima futhi uphindisela kabuhlungu.

مَّن يَشۡفَعۡ شَفَٰعَةً حَسَنَةٗ يَكُن لَّهُۥ نَصِيبٞ مِّنۡهَاۖ وَمَن يَشۡفَعۡ شَفَٰعَةٗ سَيِّئَةٗ يَكُن لَّهُۥ كِفۡلٞ مِّنۡهَاۗ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٖ مُّقِيتٗا ٨٥

85. Lowo okhulumela omunye kokuhle uyothola naye isabelo sakho, kepha lowo okhulumela omunye kokubi uzothola naye ingcabha. Futhi u Allah unamandla phezu kwakho konke.

وَإِذَا حُيِّيتُم بِتَحِيَّةٖ فَحَيُّواْ بِأَحۡسَنَ مِنۡهَآ أَوۡ رُدُّوهَآۗ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٍ حَسِيبًا ٨٦

86. Uma nibingelelwa ngokubingelelwa, phendulani ngokwengeziwe noma okufanayo. Nebala yonke into u Allah uzoyipha umvuzo wayo.

ٱللَّهُ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَۚ لَيَجۡمَعَنَّكُمۡ إِلَىٰ يَوۡمِ ٱلۡقِيَٰمَةِ لَا رَيۡبَ فِيهِۗ وَمَنۡ أَصۡدَقُ مِنَ ٱللَّهِ حَدِيثٗا ٨٧

87. U Allah, akekho omunye okumele akhonzwe ngaphandle kwaKhe; nakanjani uyonibuthanisa ngoSuku lokwaHlulelwa olungengatshwazwe; ingabe ubani okhuluma iqiniso ukudlula u Allah na?

۞ فَمَا لَكُمۡ فِي ٱلۡمُنَٰفِقِينَ فِئَتَيۡنِ وَٱللَّهُ أَرۡكَسَهُم بِمَا كَسَبُواْۚ أَتُرِيدُونَ أَن تَهۡدُواْ مَنۡ أَضَلَّ ٱللَّهُۗ وَمَن يُضۡلِلِ ٱللَّهُ فَلَن تَجِدَ لَهُۥ سَبِيلٗا ٨٨

88. Kungani niba ngamaqembu amabili niphikisana ngamaphixiphixi na, futhi kungu Allah obabuyisele [kukungakholwa] ngenxa yemisebenzi yabo; ingabe nifuna ukuqondisa lowo u Allah amphambukisile na; lowo u Allah amphambukisile awusoze wamtholela indlela eqondile.

وَدُّواْ لَوۡ تَكۡفُرُونَ كَمَا كَفَرُواْ فَتَكُونُونَ سَوَآءٗۖ فَلَا تَتَّخِذُواْ مِنۡهُمۡ أَوۡلِيَآءَ حَتَّىٰ يُهَاجِرُواْ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِۚ فَإِن تَوَلَّوۡاْ فَخُذُوهُمۡ وَٱقۡتُلُوهُمۡ حَيۡثُ وَجَدتُّمُوهُمۡۖ وَلَا تَتَّخِذُواْ مِنۡهُمۡ وَلِيّٗا وَلَا نَصِيرًا ٨٩

89. Bafisa ukuba ningakholwa njengoba nabo bengakholwa ukuze nifane; ngakhoke ningabi nabangani kubo kuze bafudukela endleleni ka Allah; kepha uma benqaba, bathatheni nibabulale lapho enibathola khona, futhi ningabi nabangani kubo noma umsizi.

إِلَّا ٱلَّذِينَ يَصِلُونَ إِلَىٰ قَوۡمِۭ بَيۡنَكُمۡ وَبَيۡنَهُم مِّيثَٰقٌ أَوۡ جَآءُوكُمۡ حَصِرَتۡ صُدُورُهُمۡ أَن يُقَٰتِلُوكُمۡ أَوۡ يُقَٰتِلُواْ قَوۡمَهُمۡۚ وَلَوۡ شَآءَ ٱللَّهُ لَسَلَّطَهُمۡ عَلَيۡكُمۡ فَلَقَٰتَلُوكُمۡۚ فَإِنِ ٱعۡتَزَلُوكُمۡ فَلَمۡ يُقَٰتِلُوكُمۡ وَأَلۡقَوۡاْ إِلَيۡكُمُ ٱلسَّلَمَ فَمَا جَعَلَ ٱللَّهُ لَكُمۡ عَلَيۡهِمۡ سَبِيلَۢا ٩٠

90. Ngaphandle kwalabo abakhosela esizweni okunezibopho phakathi kwenu noma abeze kini izinhliziyo zabo zenqena ukuba balwe nani noma balwe nesizwe sabo; ukube u Allah ubethanda ubezobapha amandla ngaphezu kwenu balwe nani. Uma beniyeka bengalwi nani benze uxolo; u Allah akaniphanga ilungelo kubo.

سَتَجِدُونَ ءَاخَرِينَ يُرِيدُونَ أَن يَأۡمَنُوكُمۡ وَيَأۡمَنُواْ قَوۡمَهُمۡ كُلَّ مَا رُدُّوٓاْ إِلَى ٱلۡفِتۡنَةِ أُرۡكِسُواْ فِيهَاۚ فَإِن لَّمۡ يَعۡتَزِلُوكُمۡ وَيُلۡقُوٓاْ إِلَيۡكُمُ ٱلسَّلَمَ وَيَكُفُّوٓاْ أَيۡدِيَهُمۡ فَخُذُوهُمۡ وَٱقۡتُلُوهُمۡ حَيۡثُ ثَقِفۡتُمُوهُمۡۚ وَأُوْلَٰٓئِكُمۡ جَعَلۡنَا لَكُمۡ عَلَيۡهِمۡ سُلۡطَٰنٗا مُّبِينٗا ٩١

91. Nizothola abanye abafuna ukuphepha kini nokuphepha esizweni sabo, kuthi njalo uma bebuyise kungakholwa bavele bagxile kukho. Ngakhoke uma benganiyeki noma benze uxolo noma bazibambe ekulweni, bathatheni nibabulale lapho enibathola khona. Yiboke labo u Allah aniphe ubufakazi obuqanda ikhanda ngabo.

وَمَا كَانَ لِمُؤۡمِنٍ أَن يَقۡتُلَ مُؤۡمِنًا إِلَّا خَطَـٔٗاۚ وَمَن قَتَلَ مُؤۡمِنًا خَطَـٔٗا فَتَحۡرِيرُ رَقَبَةٖ مُّؤۡمِنَةٖ وَدِيَةٞ مُّسَلَّمَةٌ إِلَىٰٓ أَهۡلِهِۦٓ

92. Akumele okholwayo abulale okholwayo ngaphandleke uma kube yiphutha. Lowo obulale okholwayo ngephutha makakhulule isigqila esikholwayo

إِلَّآ أَن يَصَّدَّقُواْۚ فَإِن كَانَ مِن قَوۡمٍ عَدُوّٖ لَّكُمۡ وَهُوَ مُؤۡمِنٞ فَتَحۡرِيرُ رَقَبَةٖ مُّؤۡمِنَةٖۖ وَإِن كَانَ مِن قَوۡمِۭ بَيۡنَكُمۡ وَبَيۡنَهُم مِّيثَٰقٞ فَدِيَةٞ مُّسَلَّمَةٌ إِلَىٰٓ أَهۡلِهِۦ وَتَحۡرِيرُ رَقَبَةٖ مُّؤۡمِنَةٖۖ فَمَن لَّمۡ يَجِدۡ فَصِيَامُ شَهۡرَيۡنِ مُتَتَابِعَيۡنِ تَوۡبَةٗ مِّنَ ٱللَّهِۗ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلِيمًا حَكِيمٗا ٩٢

akhokhe nenhlawulo emndenini wakhe [umufi] ngaphandle uma benikela ngayo. Uma [umufi] engowasesizweni esiyisitha kini kepha yena engokholwayo, makakhulule isigqila esikholwayo; uma [umufi] engowasesizweni okunezibophezelo phakathi kwenu naso, makakhokhe inhlawulo emndenini wakhe [umufi] akhulule nesigqila esikholwayo. Lowoke ongenalutho, makazile izinyanga ezimbili zilandelana ukucela intethelelo ku Allah; u Allah Wazi konke Unobuhlakani.

وَمَن يَقۡتُلۡ مُؤۡمِنٗا مُّتَعَمِّدٗا فَجَزَآؤُهُۥ جَهَنَّمُ خَٰلِدٗا فِيهَا وَغَضِبَ ٱللَّهُ عَلَيۡهِ وَلَعَنَهُۥ وَأَعَدَّ لَهُۥ عَذَابًا عَظِيمٗا ٩٣

93. Lowo obulala okholwayo ngabomu, isijeziso sakhe iJahanamu uyobhadla kuyo unaphakade futhi u Allah uyomthukuthelela amqalekise belu umlungiselele isijeziso esinzima.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِذَا ضَرَبۡتُمۡ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ فَتَبَيَّنُواْ وَلَا تَقُولُواْ لِمَنۡ أَلۡقَىٰٓ إِلَيۡكُمُ ٱلسَّلَٰمَ لَسۡتَ مُؤۡمِنٗا تَبۡتَغُونَ عَرَضَ ٱلۡحَيَوٰةِ ٱلدُّنۡيَا فَعِندَ ٱللَّهِ مَغَانِمُ كَثِيرَةٞۚ كَذَٰلِكَ كُنتُم مِّن قَبۡلُ فَمَنَّ ٱللَّهُ عَلَيۡكُمۡ فَتَبَيَّنُوٓاْۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ بِمَا تَعۡمَلُونَ خَبِيرٗا ٩٤

94. Nina enikholwayo! Uma nihamba endleleni ka Allah [empini], qinisekisani; ningathi kulabo abanibingelela ngesalami, "Awuyena okholwayo" ngoba nilangazelele izinto zempilo yasemhlabeni, ngokuba u Allah unomcebo omningi. Kadeni nani beninjalo [ningakholwa] u Allah wanibusisa ngakhoke qinisekisani. Nebala u Allah Ukuqaphe konke enikwenzayo.

لَّا يَسْتَوِي ٱلْقَٰعِدُونَ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ غَيْرُ أُو۟لِى ٱلضَّرَرِ وَٱلْمُجَٰهِدُونَ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ بِأَمْوَٰلِهِمْ وَأَنفُسِهِمْ ۚ فَضَّلَ ٱللَّهُ ٱلْمُجَٰهِدِينَ بِأَمْوَٰلِهِمْ وَأَنفُسِهِمْ عَلَى ٱلْقَٰعِدِينَ دَرَجَةً ۚ وَكُلًّا وَعَدَ ٱللَّهُ ٱلْحُسْنَىٰ ۚ وَفَضَّلَ ٱللَّهُ ٱلْمُجَٰهِدِينَ عَلَى ٱلْقَٰعِدِينَ أَجْرًا عَظِيمًا ﴿٩٥﴾

95. Abafani labo abakholwayo abasalela emuva bengenabunzima nalabo abalwela u Allah ngomcebo wabo nangeziqu zabo uqobo. Labo abalwa ngomcebo wabo nangeziqu zabo uqobo, u Allah ubabeke phezulu ngesigaba kunalabo abasalela ngemuva [ngenxa yobunzima]. Kepha bonke u Allah ubathembise iHusna [iJana]. Futhi u Allah wengezele labo abalwayo umvuzo omkhulu kunalabo abasalele emuva [ngenxa yobunzima].

دَرَجَٰتٍ مِّنْهُ وَمَغْفِرَةً وَرَحْمَةً ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿٩٦﴾

96. Izigaba ezivela kuYe [u Allah] nentethelelo nomusa, ngokuba u Allah Uyathethelela Unesihawu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ تَوَفَّىٰهُمُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ ظَالِمِىٓ أَنفُسِهِمْ قَالُوا۟ فِيمَ كُنتُمْ ۖ قَالُوا۟ كُنَّا مُسْتَضْعَفِينَ فِى ٱلْأَرْضِ ۚ قَالُوٓا۟ أَلَمْ تَكُنْ أَرْضُ ٱللَّهِ وَٰسِعَةً فَتُهَاجِرُوا۟ فِيهَا ۚ فَأُو۟لَٰٓئِكَ مَأْوَىٰهُمْ جَهَنَّمُ ۖ وَسَآءَتْ مَصِيرًا ﴿٩٧﴾

97. Labo izingelosi ezibathatha umphefumulo bephambukile, zithi: "Benikuphi na?" [baphendule] bathi: "Besicindezelekile emhlabeni", zithi: "Ubungekho banzi yini umhlaba ka Allah ukuze nifuduke kuwo na?". Yiboke labo abayophelela *eJahanamu*; yaze sasibi isiphetho.

إِلَّا ٱلْمُسْتَضْعَفِينَ مِنَ ٱلرِّجَالِ وَٱلنِّسَآءِ وَٱلْوِلْدَٰنِ لَا يَسْتَطِيعُونَ حِيلَةً وَلَا يَهْتَدُونَ سَبِيلًا ﴿٩٨﴾

98. Ngaphandle kwalawo madoda nabafazi nezingane abangenawo amandla [okwenza i*Hijira*] futhi bengayazi indlela.

فَأُو۟لَٰٓئِكَ عَسَى ٱللَّهُ أَن يَعْفُوَ عَنْهُمْ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَفُوًّا غَفُورًا ﴿٩٩﴾

99. Yiboke labo u Allah azobaxolela, ngokuba u Allah Uyaxolela Uyathethelela.

* وَمَن يُهَاجِرْ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ يَجِدْ فِي
ٱلْأَرْضِ مُرَٰغَمًا كَثِيرًا وَسَعَةً ۚ وَمَن يَخْرُجْ
مِنۢ بَيْتِهِۦ مُهَاجِرًا إِلَى ٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ ثُمَّ
يُدْرِكْهُ ٱلْمَوْتُ فَقَدْ وَقَعَ أَجْرُهُۥ عَلَى ٱللَّهِ ۗ
وَكَانَ ٱللَّهُ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿١٠٠﴾

100. Lowo owenzela u Allah i*Hijira*, uyothola indawo iningi emhlabeni nokukhululeka. Kanti lowo ophuma emzini wakhe enza iHijira ebheke ku Allah neSithunywa saKhe bese eficwa wukufa, umvuzo wakhe usukhona ku Allah, ngokuba u Allah Uyathethelela Unesihawu.

وَإِذَا ضَرَبْتُمْ فِي ٱلْأَرْضِ فَلَيْسَ عَلَيْكُمْ
جُنَاحٌ أَن تَقْصُرُوا۟ مِنَ ٱلصَّلَوٰةِ إِنْ
خِفْتُمْ أَن يَفْتِنَكُمُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ ۚ إِنَّ
ٱلْكَٰفِرِينَ كَانُوا۟ لَكُمْ عَدُوًّا مُّبِينًا ﴿١٠١﴾

101. Uma nihamba emhlabeni, aninacala uma ninqamula iSwala [Kasru] uma nesaba ukuthi abangakholwa bazonihlasela. Ngokuba abangakholwa bayohlala beyizitha zenu ezisobala.

وَإِذَا كُنتَ فِيهِمْ فَأَقَمْتَ لَهُمُ ٱلصَّلَوٰةَ
فَلْتَقُمْ طَآئِفَةٌ مِّنْهُم مَّعَكَ وَلْيَأْخُذُوٓا۟
أَسْلِحَتَهُمْ ۖ فَإِذَا سَجَدُوا۟ فَلْيَكُونُوا۟
مِن وَرَآئِكُمْ وَلْتَأْتِ طَآئِفَةٌ أُخْرَىٰ
لَمْ يُصَلُّوا۟ فَلْيُصَلُّوا۟ مَعَكَ وَلْيَأْخُذُوا۟
حِذْرَهُمْ وَأَسْلِحَتَهُمْ ۗ وَدَّ ٱلَّذِينَ
كَفَرُوا۟ لَوْ تَغْفُلُونَ عَنْ أَسْلِحَتِكُمْ
وَأَمْتِعَتِكُمْ فَيَمِيلُونَ عَلَيْكُم مَّيْلَةً
وَٰحِدَةً ۚ وَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ إِن كَانَ
بِكُمْ أَذًى مِّن مَّطَرٍ أَوْ كُنتُم مَّرْضَىٰٓ أَن
تَضَعُوٓا۟ أَسْلِحَتَكُمْ ۖ وَخُذُوا۟ حِذْرَكُمْ ۗ إِنَّ
ٱللَّهَ أَعَدَّ لِلْكَٰفِرِينَ عَذَابًا مُّهِينًا ﴿١٠٢﴾

102. Uma [Wena Muhamadi] ukanye nabo ubahola kuSwala ingxenye yabo bayime nawe ihlome ngezikhali zabo; uma sebenze isajida mababuyele emuva kwenu, kuthi enye ingxenye ize yenze iSwala nawe baqhaphele bahlome ngezikhali zabo. Labo abangakholwa bafisa ukuthi nibeke phansi izikhali zenu nezinto zenu ukuze bagadle kube kanye. Futhi aninacala ekubekeni izikhali zenu phansi uma nixinwe yimvula noma nigula, kepha nihlale niqhaphele. Nebala u Allah ulungiselele abangakholwa isijeziso esihlazayo.

فَإِذَا قَضَيْتُمُ ٱلصَّلَوٰةَ فَٱذْكُرُوا۟ ٱللَّهَ قِيَـٰمًا وَقُعُودًا وَعَلَىٰ جُنُوبِكُمْ ۚ فَإِذَا ٱطْمَأْنَنتُمْ فَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ ۚ إِنَّ ٱلصَّلَوٰةَ كَانَتْ عَلَى ٱلْمُؤْمِنِينَ كِتَـٰبًا مَّوْقُوتًا ﴿١٠٣﴾

103. Uma seniyiphothulile iSwala, khumbulanike u Allah nimile nihlezi noma nicambalele. Uma seniphelile yenzani iSwala ngendlela, ngokuba iSwala ibophezelwe kwabakholwayo ngezikhathi ezibekiwe.

وَلَا تَهِنُوا۟ فِى ٱبْتِغَآءِ ٱلْقَوْمِ ۖ إِن تَكُونُوا۟ تَأْلَمُونَ فَإِنَّهُمْ يَأْلَمُونَ كَمَا تَأْلَمُونَ ۖ وَتَرْجُونَ مِنَ ٱللَّهِ مَا لَا يَرْجُونَ ۗ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلِيمًا حَكِيمًا ﴿١٠٤﴾

104. Ningabi amagwala ekulandeleni izithende zesitha, uma nisezinhlungwini nabo basezinhlungwini njengani; kepha nina nilangazelela ku Allah lokhu abangakulangazeleli.

إِنَّآ أَنزَلْنَآ إِلَيْكَ ٱلْكِتَـٰبَ بِٱلْحَقِّ لِتَحْكُمَ بَيْنَ ٱلنَّاسِ بِمَآ أَرَىٰكَ ٱللَّهُ ۚ وَلَا تَكُن لِّلْخَآئِنِينَ خَصِيمًا ﴿١٠٥﴾

105. Nebala sambulele kuwe [Muhamadi] iNcwadi ngeqiniso ukuze wehlulele phakathi kwabantu ngalokho okukhombiswe ngu Allah; ngakhoke ungabi ummeli wabakhohlisi.

وَٱسْتَغْفِرِ ٱللَّهَ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿١٠٦﴾

106. Ucele intethelo ku Allah, ngokuba u Allah Uyathethelela Unesihawu.

وَلَا تُجَـٰدِلْ عَنِ ٱلَّذِينَ يَخْتَانُونَ أَنفُسَهُمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ مَن كَانَ خَوَّانًا أَثِيمًا ﴿١٠٧﴾

107. Futhi ungabaphikeli labo abazikhohlisayo, ngokuba u Allah akamthandi lowo ongumkhohlisi ophambukile.

يَسْتَخْفُونَ مِنَ ٱلنَّاسِ وَلَا يَسْتَخْفُونَ مِنَ ٱللَّهِ وَهُوَ مَعَهُمْ إِذْ يُبَيِّتُونَ مَا لَا يَرْضَىٰ مِنَ ٱلْقَوْلِ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ بِمَا يَعْمَلُونَ مُحِيطًا ﴿١٠٨﴾

108. Bafihlela abantu kepha abamfihleli u Allah nakuba enabo lapho bekhuluma angakuthandi ebusuku; bheka ngoba u Allah Ukuhaqe konke abakwenzayo.

هَـٰٓأَنتُمْ هَـٰٓؤُلَآءِ جَٰدَلْتُمْ عَنْهُمْ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا فَمَن يُجَٰدِلُ ٱللَّهَ عَنْهُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ أَم مَّن يَكُونُ عَلَيْهِمْ وَكِيلًا ﴿١٠٩﴾

109. Kepha yinina futhi enibaphikelayo lapha empilweni yasemhlabeni; ubani ozobaphikela ku Allah ngoSuku lokwaHlulelwa noma ozoba ummeli wabo.

وَمَن يَعْمَلْ سُوٓءًا أَوْ يَظْلِمْ نَفْسَهُۥ ثُمَّ يَسْتَغْفِرِ ٱللَّهَ يَجِدِ ٱللَّهَ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿١١٠﴾

110. Lowo owenza okubi noma aphambuke, bese ecela intethelelo ku Allah, uyakufumanisa u Allah Ethethelela Enesihawu.

وَمَن يَكْسِبْ إِثْمًا فَإِنَّمَا يَكْسِبُهُۥ عَلَىٰ نَفْسِهِۦ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلِيمًا حَكِيمًا ﴿١١١﴾

111. Kanti lowo owenza ichilo uzilaya yena uqobo. Nebala u Allah Wazi konke Ukhaliphile.

وَمَن يَكْسِبْ خَطِيٓـَٔةً أَوْ إِثْمًا ثُمَّ يَرْمِ بِهِۦ بَرِيٓـًٔا فَقَدِ ٱحْتَمَلَ بُهْتَٰنًا وَإِثْمًا مُّبِينًا ﴿١١٢﴾

112. Lowo ophambukayo noma enze ichilo bese esulela ngalo omsulwa; ngempela uzethwesa amanga nechilo elisobala.

وَلَوْلَا فَضْلُ ٱللَّهِ عَلَيْكَ وَرَحْمَتُهُۥ لَهَمَّت طَّآئِفَةٌ مِّنْهُمْ أَن يُضِلُّوكَ وَمَا يُضِلُّونَ إِلَّآ أَنفُسَهُمْ ۖ وَمَا يَضُرُّونَكَ مِن شَىْءٍ ۚ وَأَنزَلَ ٱللَّهُ عَلَيْكَ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْحِكْمَةَ وَعَلَّمَكَ مَا لَمْ تَكُن تَعْلَمُ ۚ وَكَانَ فَضْلُ ٱللَّهِ عَلَيْكَ عَظِيمًا ﴿١١٣﴾

113. Ukube bekungewona umusa ka Allah kuwe [Muhamadi] bebezozama abanye babo ukukuphambukisa, kepha baziphambukisa bona uqobo futhi alukho olubi abangakwenza kona. U Allah wambulele kuwe [Muhamadi] iNcwadi [iKurani] ne Hikima futhi wakufundisa lokho obungakwazi. Umusa ka Allah kuwe [Muhamadi] muningi.

* لَّا خَيْرَ فِى كَثِيرٍ مِّن نَّجْوَىٰهُمْ إِلَّا مَنْ أَمَرَ بِصَدَقَةٍ أَوْ مَعْرُوفٍ أَوْ إِصْلَٰحٍۭ بَيْنَ ٱلنَّاسِ ۚ وَمَن يَفْعَلْ ذَٰلِكَ ٱبْتِغَآءَ مَرْضَاتِ ٱللَّهِ فَسَوْفَ نُؤْتِيهِ أَجْرًا عَظِيمًا ﴿١١٤﴾

114. Akukho okuhle ngezigungu zabo zangasese, ngaphandle kwaloyo oyalela ngokunikela noma ukwenza okuhle noma ukubuyisana phakathi

kwabantu. Lowo owenza lokho elangazelele ukujabulisa u Allah, Sizomnika umvuzo omkhulu.

وَمَن يُشَاقِقِ ٱلرَّسُولَ مِنۢ بَعۡدِ مَا تَبَيَّنَ لَهُ ٱلۡهُدَىٰ وَيَتَّبِعۡ غَيۡرَ سَبِيلِ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ نُوَلِّهِۦ مَا تَوَلَّىٰ وَنُصۡلِهِۦ جَهَنَّمَۖ وَسَآءَتۡ مَصِيرًا ﴿١١٥﴾

115. Lowo ophikisana neSithunywa emuva kokucacelwa iqiniso aphinde alandele indlela okungeyona eyabakholwayo; Sizomyekela kanjalo futhi Simfake eJahanamu, okuyisiphetho esibi.

إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَغۡفِرُ أَن يُشۡرَكَ بِهِۦ وَيَغۡفِرُ مَا دُونَ ذَٰلِكَ لِمَن يَشَآءُۚ وَمَن يُشۡرِكۡ بِٱللَّهِ فَقَدۡ ضَلَّ ضَلَٰلَۢا بَعِيدًا ﴿١١٦﴾

116. Ngempela u Allah akakuthetheleli ukuba abhanqwe notho, kepha ngale kwalokho uthethelela noma yini. Lowo obhanqa u Allah uphambukele kude impela.

إِن يَدۡعُونَ مِن دُونِهِۦٓ إِلَّآ إِنَٰثٗاۖ وَإِن يَدۡعُونَ إِلَّا شَيۡطَٰنٗا مَّرِيدًا ﴿١١٧﴾

117. Empeleni [abangakholwa] bakhonza ngaphandle kwaKhe [U Allah] isifazane futhi bakhoza nje *uShayitani* oyihlongandlebe.

لَّعَنَهُ ٱللَّهُۘ وَقَالَ لَأَتَّخِذَنَّ مِنۡ عِبَادِكَ نَصِيبٗا مَّفۡرُوضٗا ﴿١١٨﴾

118. Uqalekisiwe ngu Allah. Wathi: "Ngizothatha isabelo esanele ezincekwini zakho".

وَلَأُضِلَّنَّهُمۡ وَلَأُمَنِّيَنَّهُمۡ وَلَأٓمُرَنَّهُمۡ فَلَيُبَتِّكُنَّ ءَاذَانَ ٱلۡأَنۡعَٰمِ وَلَأٓمُرَنَّهُمۡ فَلَيُغَيِّرُنَّ خَلۡقَ ٱللَّهِۚ وَمَن يَتَّخِذِ ٱلشَّيۡطَٰنَ وَلِيّٗا مِّن دُونِ ٱللَّهِ فَقَدۡ خَسِرَ خُسۡرَانٗا مُّبِينٗا ﴿١١٩﴾

119. Ngizobadukisa ngibathe amathemba ayize futhi ngibayalele ukuba basike amadlebe emfuyo ngiphinde ngibayalele ukuba baguqule indalo ka Allah. Lowo owenza uShayitani umngani ngaphandle kuka Allah ulahlekelwe ngempela.

يَعِدُهُمْ وَيُمَنِّيهِمْ ۖ وَمَا يَعِدُهُمُ ٱلشَّيْطَٰنُ إِلَّا غُرُورًا ﴿١٢٠﴾

120. Ubapha amathemba ayize; futhi akabathembisi lutho ngaphandle nje kwenkohliso.

أُو۟لَٰٓئِكَ مَأْوَىٰهُمْ جَهَنَّمُ وَلَا يَجِدُونَ عَنْهَا مَحِيصًا ﴿١٢١﴾

121. Yiboke labo abayophelela *eJahanamu* futhi akukho lapho abayophephela khona.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ سَنُدْخِلُهُمْ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدًا ۖ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقًّا ۚ وَمَنْ أَصْدَقُ مِنَ ٱللَّهِ قِيلًا ﴿١٢٢﴾

122. Labo abakholwayo benze okuhle Sizobangenisa eZivandeni okugeleza ngaphansi kwazo imifula bahlale kuzo unaphakade; isethembiso sika Allah siyiqiniso; ubani okhuluma iqiniso ukundlula u Allah na?

لَّيْسَ بِأَمَانِيِّكُمْ وَلَآ أَمَانِىِّ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ ۗ مَن يَعْمَلْ سُوٓءًا يُجْزَ بِهِۦ وَلَا يَجِدْ لَهُۥ مِن دُونِ ٱللَّهِ وَلِيًّا وَلَا نَصِيرًا ﴿١٢٣﴾

123. Akusizo izifiso zenu nezifiso zabeMibhalo; lowo owenza okubi uyojeziswa ngakho futhi akekho mhlengi noma umsizi ayomthola ngaphandle kuka Allah.

وَمَن يَعْمَلْ مِنَ ٱلصَّٰلِحَٰتِ مِن ذَكَرٍ أَوْ أُنثَىٰ وَهُوَ مُؤْمِنٌ فَأُو۟لَٰٓئِكَ يَدْخُلُونَ ٱلْجَنَّةَ وَلَا يُظْلَمُونَ نَقِيرًا ﴿١٢٤﴾

124. Kuthi lowo owenza okuhle, owesilisa noma owesifazane ebe engokholwayo, yiboke labo abayongena *eJana* futhi abayikuqilwa ngisho intambo yendumba yesundu.

وَمَنْ أَحْسَنُ دِينًا مِّمَّنْ أَسْلَمَ وَجْهَهُۥ لِلَّهِ وَهُوَ مُحْسِنٌ وَٱتَّبَعَ مِلَّةَ إِبْرَٰهِيمَ حَنِيفًا ۗ وَٱتَّخَذَ ٱللَّهُ إِبْرَٰهِيمَ خَلِيلًا ﴿١٢٥﴾

125. Ubani ongcono kunalowo onikelwa ngobuso bakhe ku Allah enze okuhle futhi elandela inkolo ka *Ibhirahimu* emsulwa; u Allah wathatha u *Ibhirahimu* njengomngani.

وَلِلَّهِ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ مُّحِيطًا ﴿١٢٦﴾

126. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah futhi Uyengamele yonke into.

وَيَسْتَفْتُونَكَ فِي ٱلنِّسَآءِ ۖ قُلِ ٱللَّهُ يُفْتِيكُمْ فِيهِنَّ وَمَا يُتْلَىٰ عَلَيْكُمْ فِي ٱلْكِتَٰبِ فِي يَتَٰمَى ٱلنِّسَآءِ ٱلَّٰتِي لَا تُؤْتُونَهُنَّ مَا كُتِبَ لَهُنَّ وَتَرْغَبُونَ أَن تَنكِحُوهُنَّ وَٱلْمُسْتَضْعَفِينَ مِنَ ٱلْوِلْدَٰنِ وَأَن تَقُومُوا۟ لِلْيَتَٰمَىٰ بِٱلْقِسْطِ ۚ وَمَا تَفْعَلُوا۟ مِنْ خَيْرٍ فَإِنَّ ٱللَّهَ كَانَ بِهِۦ عَلِيمًا ﴿١٢٧﴾

127. Bafuna ubacacisele ngabafazi. Yithi: "u Allah uzonicacisela ngabo nalokho enifundelwa kona eNcwadini ngezintandane zabafazi eningaziniki lokho okubafanele [kumalobolo] belu nifuna ukubashada kanye nezingane ezisencane nanokuthi niphathe izintandane ngobulungiswa. Konke enikwenzayo okuhle u Allah Uyakwazi.

وَإِنِ ٱمْرَأَةٌ خَافَتْ مِنۢ بَعْلِهَا نُشُوزًا أَوْ إِعْرَاضًا فَلَا جُنَاحَ عَلَيْهِمَآ أَن يُصْلِحَا بَيْنَهُمَا صُلْحًا ۚ وَٱلصُّلْحُ خَيْرٌ ۗ وَأُحْضِرَتِ ٱلْأَنفُسُ ٱلشُّحَّ ۚ وَإِن تُحْسِنُوا۟ وَتَتَّقُوا۟ فَإِنَّ ٱللَّهَ كَانَ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرًا ﴿١٢٨﴾

128. Uma owesimame esola ukungaphathwa kahle noma ukunganakwa ngumyeni wakhe; akunacala lapho kubo ukuba babuyisane ngandlela thize, belu ukubuyisana yikona okungcono nakuba imiphefumulo ingcwele umhawu. Uma nenza okuhle nizithoba naku Allah, nebala u Allah ukuqaphe konke enikwenzayo.

وَلَن تَسْتَطِيعُوٓا۟ أَن تَعْدِلُوا۟ بَيْنَ ٱلنِّسَآءِ وَلَوْ حَرَصْتُمْ ۖ فَلَا تَمِيلُوا۟ كُلَّ ٱلْمَيْلِ فَتَذَرُوهَا كَٱلْمُعَلَّقَةِ ۚ وَإِن تُصْلِحُوا۟ وَتَتَّقُوا۟ فَإِنَّ ٱللَّهَ كَانَ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿١٢٩﴾

129. Futhi anisoze nakhona ukwenza ubulungiswa phakathi kwabafazi [ngothando] noma nizama kanjani; ngakhoke ninganamatheli koyedwa nishiye omunye elenga. Uma nenza okuhle futhi nizithobe ku Allah, u Allah Uyathethelela Unesihawu.

وَإِن يَتَفَرَّقَا يُغْنِ ٱللَّهُ كُلًّا مِّن سَعَتِهِۦ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ وَٰسِعًا حَكِيمًا ﴿١٣٠﴾

130. Uma behlukana, u Allah uzobabela bonke emcebeni wakhe, ngokuba u Allah Uyaphana Ukhaliphile.

وَلِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۗ وَلَقَدۡ وَصَّيۡنَا ٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلۡكِتَٰبَ مِن قَبۡلِكُمۡ وَإِيَّاكُمۡ أَنِ ٱتَّقُواْ ٱللَّهَۚ وَإِن تَكۡفُرُواْ فَإِنَّ لِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۚ وَكَانَ ٱللَّهُ غَنِيًّا حَمِيدٗا ١٣١

131. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah. Nebala Sayalela labo ebeMibhalo ngaphambi kwenu kanye nani ukuthi nithobele u Allah. Kepha ningakholwa, konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah, futhi u Allah Uzimele Uyadunyiswa.

وَلِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ وَكِيلًا ١٣٢

132. Futhi konke okusemhlabeni nasemazulwini kungokuka Allah; u Allah wanele njengoMhlengi.

إِن يَشَأۡ يُذۡهِبۡكُمۡ أَيُّهَا ٱلنَّاسُ وَيَأۡتِ بِـَٔاخَرِينَۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلَىٰ ذَٰلِكَ قَدِيرٗا ١٣٣

133. Uma ethanda anganisusa nonke bantu alethe abanye, futhi u Allah unawo amandla okwenza lokho.

مَّن كَانَ يُرِيدُ ثَوَابَ ٱلدُّنۡيَا فَعِندَ ٱللَّهِ ثَوَابُ ٱلدُّنۡيَا وَٱلۡأٓخِرَةِۚ وَكَانَ ٱللَّهُ سَمِيعَۢا بَصِيرٗا ١٣٤

134. Lowo ofuna umvuzo wasemhlabeni, u Allah unomvuzo wasemhlabeni nakweLizayo, futhi u Allah Uzwakonke Ubona konke.

۞ يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ كُونُواْ قَوَّٰمِينَ بِٱلۡقِسۡطِ شُهَدَآءَ لِلَّهِ وَلَوۡ عَلَىٰٓ أَنفُسِكُمۡ أَوِ ٱلۡوَٰلِدَيۡنِ وَٱلۡأَقۡرَبِينَۚ إِن يَكُنۡ غَنِيًّا أَوۡ فَقِيرٗا فَٱللَّهُ أَوۡلَىٰ بِهِمَاۖ فَلَا تَتَّبِعُواْ ٱلۡهَوَىٰٓ أَن تَعۡدِلُواْۚ وَإِن تَلۡوُۥٓاْ أَوۡ تُعۡرِضُواْ فَإِنَّ ٱللَّهَ كَانَ بِمَا تَعۡمَلُونَ خَبِيرٗا ١٣٥

135. Nina enikholwayo! Melani ubulungiswa lapho nifakaza nenzela u Allah, noma ngabe bukhomba nina uqobo noma abazali noma izihlobo; uma enjingile noma echakile, u Allah nguYena onelungelo kubo bobabili. Ngakhoke ningalandeli izinkanuko ekutheni ningenzi ubulungiswa. Uma nihlanekezela [ubufakazi] noma nenqabe [ukubuthula]; u Allah ukuqaphile konke enikwenzayo.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ ءَامِنُواْ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ وَٱلۡكِتَٰبِ ٱلَّذِي نَزَّلَ عَلَىٰ رَسُولِهِۦ وَٱلۡكِتَٰبِ ٱلَّذِيٓ أَنزَلَ مِن قَبۡلُۚ وَمَن يَكۡفُرۡ بِٱللَّهِ وَمَلَٰٓئِكَتِهِۦ وَكُتُبِهِۦ وَرُسُلِهِۦ وَٱلۡيَوۡمِ ٱلۡأٓخِرِ فَقَدۡ ضَلَّ ضَلَٰلَۢا بَعِيدًا ﴿١٣٦﴾

136. Nina enikholwayo! Kholwani ku Allah neSithunywa saKhe nakuleNcwadi ayambulela kuSithunywa saKhe naleyo ayambulela ngaphambili. Lowo ongakholwa ku Allah nezingelosi neziNcwadi zaKhe neZithunywa zaKhe noSuku lokuGcina ulahlekele ekudeni ngempela.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ ثُمَّ كَفَرُواْ ثُمَّ ءَامَنُواْ ثُمَّ كَفَرُواْ ثُمَّ ٱزۡدَادُواْ كُفۡرٗا لَّمۡ يَكُنِ ٱللَّهُ لِيَغۡفِرَ لَهُمۡ وَلَا لِيَهۡدِيَهُمۡ سَبِيلَۢا ﴿١٣٧﴾

137. Labo abakholwayo bese bephika ukholo baphinde bakholwe bese beyaluphika baze bagxile kungakholwa; u Allah angeke abathethelele noma abaholele endleleni eqondile.

بَشِّرِ ٱلۡمُنَٰفِقِينَ بِأَنَّ لَهُمۡ عَذَابًا أَلِيمًا ﴿١٣٨﴾

138. Yethula izindaba ezinhle kumaphixiphixi ukuthi bazothola isijeziso esibuhlungu.

ٱلَّذِينَ يَتَّخِذُونَ ٱلۡكَٰفِرِينَ أَوۡلِيَآءَ مِن دُونِ ٱلۡمُؤۡمِنِينَۚ أَيَبۡتَغُونَ عِندَهُمُ ٱلۡعِزَّةَ فَإِنَّ ٱلۡعِزَّةَ لِلَّهِ جَمِيعًا ﴿١٣٩﴾

139. Yibona laba abathatha abangakholwa njengabangani ngale kwabakholwayo; ingabe bafuna ukuhlonipheka kubo na, bheka ngoba ukuhlonipheka konke kungoka Allah.

وَقَدۡ نَزَّلَ عَلَيۡكُمۡ فِي ٱلۡكِتَٰبِ أَنۡ إِذَا سَمِعۡتُمۡ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ يُكۡفَرُ بِهَا وَيُسۡتَهۡزَأُ بِهَا فَلَا تَقۡعُدُواْ مَعَهُمۡ حَتَّىٰ يَخُوضُواْ فِي حَدِيثٍ غَيۡرِهِۦٓۚ إِنَّكُمۡ إِذٗا مِّثۡلُهُمۡۗ إِنَّ ٱللَّهَ جَامِعُ ٱلۡمُنَٰفِقِينَ وَٱلۡكَٰفِرِينَ فِي جَهَنَّمَ جَمِيعًا ﴿١٤٠﴾

140. Nebala wembulela kini eNcwadini ukuthi uma nizwa imibiko zika Allah ziphikwa noma kuhlekiswa, ningahlali nabo kuze bakhuluma ngolunye udaba; ngokuba niyofana nabo. U Allah uzobuthanisa *eJahanamu* bonke abangamaphixiphixi nabangakholwa.

141. Labo [amaphixiphixi] abahlala beniqhaphile, uma nithola ukunqoba [impi] okuvela ku Allah, bathi: "Ingathi besinani nje"; uma abangakholwa behlabene ngokuthize [empini] bathi [kubo]: "Asizange yini sinigculise [ngombimbi lwethu] sanivikela kubakholwayo [empini] na?; u Allah uyokwehlulela phakathi kwabo ngSuku lokwaHlulela; futhi akasoze u Allah anikeza abangakholwa ithuba lokugxeka abakholwayo.

الَّذِينَ يَتَرَبَّصُونَ بِكُمْ فَإِن كَانَ لَكُمْ فَتْحٌ مِّنَ ٱللَّهِ قَالُوٓاْ أَلَمْ نَكُن مَّعَكُمْ وَإِن كَانَ لِلْكَٰفِرِينَ نَصِيبٌ قَالُوٓاْ أَلَمْ نَسْتَحْوِذْ عَلَيْكُمْ وَنَمْنَعْكُم مِّنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ۚ فَٱللَّهُ يَحْكُمُ بَيْنَكُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۗ وَلَن يَجْعَلَ ٱللَّهُ لِلْكَٰفِرِينَ عَلَى ٱلْمُؤْمِنِينَ سَبِيلًا ﴿١٤١﴾

142. Amaphixiphixi azama ukukhohlisa u Allah, kanti ukuphindisele kubo ukhohlisa kwabo[1]; uma benza *iSwala* bayenza ngokukuzihudula, empeleni bayabukisa nje ebantwini futhi abazikhumbuzi ngo Allah ngaphandle nje kokwenza okuncane.

إِنَّ ٱلْمُنَٰفِقِينَ يُخَٰدِعُونَ ٱللَّهَ وَهُوَ خَٰدِعُهُمْ وَإِذَا قَامُوٓاْ إِلَى ٱلصَّلَوٰةِ قَامُواْ كُسَالَىٰ يُرَآءُونَ ٱلنَّاسَ وَلَا يَذْكُرُونَ ٱللَّهَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿١٤٢﴾

143. Abazazi ukuthi bayiliphi, abekho ngala futhi abekho ngale[2]; lowo u Allah amdukisile awusoze wamtholela indlela eqondile.

مُّذَبْذَبِينَ بَيْنَ ذَٰلِكَ لَآ إِلَىٰ هَٰٓؤُلَآءِ وَلَآ إِلَىٰ هَٰٓؤُلَآءِ ۚ وَمَن يُضْلِلِ ٱللَّهُ فَلَن تَجِدَ لَهُۥ سَبِيلًا ﴿١٤٣﴾

1 Ngokubayekela ukuba babe kanye namaMusilimu lapha emhlabeni, bayomangala kweLizayo lapho sebebuthelwe ndawonye nabangakholwa ngokuzenza kwabo amaqili lapha emhlabeni, bethi bangamaMusilimu nakuba bengewona.

2 Bangamalulwane uqobo, wona othi uwabona ungazi ukuthi igundane noma inyoni.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَتَّخِذُواْ ٱلۡكَٰفِرِينَ أَوۡلِيَآءَ مِن دُونِ ٱلۡمُؤۡمِنِينَۚ أَتُرِيدُونَ أَن تَجۡعَلُواْ لِلَّهِ عَلَيۡكُمۡ سُلۡطَٰنٗا مُّبِينًا ﴿١٤٤﴾

144. Nina enikholwayo! Ningathathi abangakholwa njengabangani ngale kwabakholwayo; ingabe nifuna ukuzidonsela amanzi ngomsele ku Allah na[1]?

إِنَّ ٱلۡمُنَٰفِقِينَ فِي ٱلدَّرۡكِ ٱلۡأَسۡفَلِ مِنَ ٱلنَّارِ وَلَن تَجِدَ لَهُمۡ نَصِيرًا ﴿١٤٥﴾

145. Nebala, amaphixiphixi ayongena ekujuleni koMlilo futhi awusoze wawatholela umsizi.

إِلَّا ٱلَّذِينَ تَابُواْ وَأَصۡلَحُواْ وَٱعۡتَصَمُواْ بِٱللَّهِ وَأَخۡلَصُواْ دِينَهُمۡ لِلَّهِ فَأُوْلَٰٓئِكَ مَعَ ٱلۡمُؤۡمِنِينَۖ وَسَوۡفَ يُؤۡتِ ٱللَّهُ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ أَجۡرًا عَظِيمًا ﴿١٤٦﴾

146. Ngaphandle kwalabo abacela intethelelelo benze okuhle babambelele ku Allah futhi bazikhandlele u Allah ngokholo lwabo; yiboke labo abayoba kanye nabakholwayo; u Allah uzopha abakholwayo umvuzo omkhulu.

مَّا يَفۡعَلُ ٱللَّهُ بِعَذَابِكُمۡ إِن شَكَرۡتُمۡ وَءَامَنتُمۡۚ وَكَانَ ٱللَّهُ شَاكِرًا عَلِيمًا ﴿١٤٧﴾

147. U Allah anganijeziselani uma nibonga futhi nikholwa na?; u Allah Uyakucusa ukubonga Wazi konke.

۞ لَّا يُحِبُّ ٱللَّهُ ٱلۡجَهۡرَ بِٱلسُّوٓءِ مِنَ ٱلۡقَوۡلِ إِلَّا مَن ظُلِمَۚ وَكَانَ ٱللَّهُ سَمِيعًا عَلِيمًا ﴿١٤٨﴾

148. U Allah akakuthandi ukukhuluma kusakazwe izinto ezimbi, ngaphandleke kwaloyo ophathwe kabi, ngokuba u Allah Uzwa konke Ubona konke.

إِن تُبۡدُواْ خَيۡرًا أَوۡ تُخۡفُوهُ أَوۡ تَعۡفُواْ عَن سُوٓءٖ فَإِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَفُوّٗا قَدِيرًا ﴿١٤٩﴾

149. Uma niveza obala okuhle [enikwenzayo] noma nikufihle noma nixolele okubi [okwenziwe kini]; Nebala u Allah Uyaxolela Ungusomandla[2].

1 Ngokulandela ezithendeni zamaphixiphixi ezenza abangakholwa abangani babo, funa nijeze njengoba bajeza.

2 Ukuxolela akusho ubuthaka noma ubugwala. U Allah uyaxolela nakuba anawo amandla okuziphindiselele nokujezisa labo abaphambana nemithetho Yakhe.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَكۡفُرُونَ بِٱللَّهِ وَرُسُلِهِۦ وَيُرِيدُونَ أَن يُفَرِّقُواْ بَيۡنَ ٱللَّهِ وَرُسُلِهِۦ وَيَقُولُونَ نُؤۡمِنُ بِبَعۡضٖ وَنَكۡفُرُ بِبَعۡضٖ وَيُرِيدُونَ أَن يَتَّخِذُواْ بَيۡنَ ذَٰلِكَ سَبِيلًا ﴿١٥٠﴾

150. Labo abangakholwa ku Allah neZithunywa zaKhe futhi bafune ukwehlukanisa phakathi kuka Allah neZithunywa zaKhe, bathi: "Sikholwa kubanye futhi asikholwa kubanye", bafune ukuthatha lokho njengendlela eqondile.

أُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡكَٰفِرُونَ حَقّٗاۚ وَأَعۡتَدۡنَا لِلۡكَٰفِرِينَ عَذَابٗا مُّهِينٗا ﴿١٥١﴾

151. Yibonake labo abangakholwa ngempela, futhi Silungiselele abangakholwa isijeziso esihlazayo.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ بِٱللَّهِ وَرُسُلِهِۦ وَلَمۡ يُفَرِّقُواْ بَيۡنَ أَحَدٖ مِّنۡهُمۡ أُوْلَٰٓئِكَ سَوۡفَ يُؤۡتِيهِمۡ أُجُورَهُمۡۚ وَكَانَ ٱللَّهُ غَفُورٗا رَّحِيمٗا ﴿١٥٢﴾

152. Kuthi labo abakholwa ku Allah neZithunywa zaKhe futhi bengahlukanisi phakathi kwabo; yibonake labo esizobanika imivuzo yabo; u Allah Uyathethelela Unesihawu.

يَسۡـَٔلُكَ أَهۡلُ ٱلۡكِتَٰبِ أَن تُنَزِّلَ عَلَيۡهِمۡ كِتَٰبٗا مِّنَ ٱلسَّمَآءِۚ فَقَدۡ سَأَلُواْ مُوسَىٰٓ أَكۡبَرَ مِن ذَٰلِكَ فَقَالُوٓاْ أَرِنَا ٱللَّهَ جَهۡرَةٗ فَأَخَذَتۡهُمُ ٱلصَّٰعِقَةُ بِظُلۡمِهِمۡۚ ثُمَّ ٱتَّخَذُواْ ٱلۡعِجۡلَ مِنۢ بَعۡدِ مَا جَآءَتۡهُمُ ٱلۡبَيِّنَٰتُ فَعَفَوۡنَا عَن ذَٰلِكَۚ وَءَاتَيۡنَا مُوسَىٰ سُلۡطَٰنٗا مُّبِينٗا ﴿١٥٣﴾

153. AbeMibhalo bakucela ukuba ubehlisele incwadi emkhathini. Bacela uMusa okukhulu kunalokho, bathi: "Sikhombise uAllah mathupha", bashaywa umbani ngokuphambuka kwabo. Baphinda bakhonza ithole emuva kokuba izibonakaliso ezicacile zifikile kubo, kepha sabaxolela kulokho. Sanika uMusa isibonakaliso esicacile.

وَرَفَعۡنَا فَوۡقَهُمُ ٱلطُّورَ بِمِيثَٰقِهِمۡ وَقُلۡنَا لَهُمُ ٱدۡخُلُواْ ٱلۡبَابَ سُجَّدٗا وَقُلۡنَا لَهُمۡ لَا تَعۡدُواْ فِي ٱلسَّبۡتِ وَأَخَذۡنَا مِنۡهُم مِّيثَٰقًا غَلِيظٗا ﴿١٥٤﴾

154. Saqongisa intaba phezu kwabo ngesibophezelo sabo, Sathi kubo: "Ngenani emasangweni nikhotheme" futhi Sathi kubo: "Ningaphuli umthetho ngeSabatha". Senza isibophezelo esiqinile nabo.

فَبِمَا نَقْضِهِم مِّيثَٰقَهُمْ وَكُفْرِهِم بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ وَقَتْلِهِمُ ٱلْأَنۢبِيَآءَ بِغَيْرِ حَقٍّ وَقَوْلِهِمْ قُلُوبُنَا غُلْفٌۢ ۚ بَلْ طَبَعَ ٱللَّهُ عَلَيْهَا بِكُفْرِهِمْ فَلَا يُؤْمِنُونَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿١٥٥﴾

155. Ngenxa yokwephula kwabo isibophezelo nokuphika kwabo izibonakaliso zika Allah nokubulala kwabo iZithunywa ngokungemthetho namagama abo 'izinhliziyo zethu zilukhuni', empeleni u Allah uzigubezele ngenxa yokungakholwa kwabo; ngakhoke bayidlanzana abakholwayo.

وَبِكُفْرِهِمْ وَقَوْلِهِمْ عَلَىٰ مَرْيَمَ بُهْتَٰنًا عَظِيمًا ﴿١٥٦﴾

156. Nangenxa yokungakholwa kwabo namagama abo ngoMariyamu angamanga aluhlaza cwe.

وَقَوْلِهِمْ إِنَّا قَتَلْنَا ٱلْمَسِيحَ عِيسَى ٱبْنَ مَرْيَمَ رَسُولَ ٱللَّهِ وَمَا قَتَلُوهُ وَمَا صَلَبُوهُ وَلَٰكِن شُبِّهَ لَهُمْ ۚ وَإِنَّ ٱلَّذِينَ ٱخْتَلَفُوا۟ فِيهِ لَفِى شَكٍّ مِّنْهُ ۚ مَا لَهُم بِهِۦ مِنْ عِلْمٍ إِلَّا ٱتِّبَاعَ ٱلظَّنِّ ۚ وَمَا قَتَلُوهُ يَقِينًۢا ﴿١٥٧﴾

157. Nangamagama abo, 'Simbulele uMasihi, u Isa ka Mariyamu iSithunywa sika Allah'. Abambulalanga futhi abambethelanga, kepha balethelwa ofanayo. Futhi labo abaphikisana ngaye banokungabaza okukhulu; abanalwazi ngaye ngaphandle nje kokuqagela; abambulalanga ngempela.

بَل رَّفَعَهُ ٱللَّهُ إِلَيْهِ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَزِيزًا حَكِيمًا ﴿١٥٨﴾

158. U Allah wamphakamisela kuYe ngokuba u Allah unguSomandla Okhaliphile.

وَإِن مِّنْ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ إِلَّا لَيُؤْمِنَنَّ بِهِۦ قَبْلَ مَوْتِهِۦ ۖ وَيَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ يَكُونُ عَلَيْهِمْ شَهِيدًا ﴿١٥٩﴾

159. Labo abeMibhalo bazokholwa nguye [u Isa] ngaphambi kokufa kwakhe[1]. Kuthi ngoSuku lokwaHlulela abe ufakazi kubo.

1 iSithunywa u Isa ka Mariyamu njengoba aphakanyiselwa phezulu u Allah akazange afe njengawo wonke umuntu. Ngenxa yalokho uzobuya azophila impilo yakhe afe njengabanye abantu, ngoba umthetho ka Allah ukuthi wonke umuntu kufanele akuzwe ukufa.

فَبِظُلْمٍ مِّنَ ٱلَّذِينَ هَادُواْ حَرَّمْنَا عَلَيْهِمْ طَيِّبَٰتٍ أُحِلَّتْ لَهُمْ وَبِصَدِّهِمْ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ كَثِيرًا ﴿١٦٠﴾

160. Ngenxa yokuphambuka kwalabo abangamaJuda nokuvimbela kakhulu abanye endleleni ka Allah, sabavimbela lokho okumsulwa ebekade bevunyelwe kona.

وَأَخْذِهِمُ ٱلرِّبَوٰاْ وَقَدْ نُهُواْ عَنْهُ وَأَكْلِهِمْ أَمْوَٰلَ ٱلنَّاسِ بِٱلْبَٰطِلِ ۚ وَأَعْتَدْنَا لِلْكَٰفِرِينَ مِنْهُمْ عَذَابًا أَلِيمًا ﴿١٦١﴾

161. Nangokuthatha kwabo inzalo nakuba benqatshelwe yona, nokudla kwabo umcebo wabantu ngokungemthetho; futhi silungiselele labo abangakholwa kubo isijeziso esinzima.

لَّٰكِنِ ٱلرَّٰسِخُونَ فِى ٱلْعِلْمِ مِنْهُمْ وَٱلْمُؤْمِنُونَ يُؤْمِنُونَ بِمَآ أُنزِلَ إِلَيْكَ وَمَآ أُنزِلَ مِن قَبْلِكَ ۚ وَٱلْمُقِيمِينَ ٱلصَّلَوٰةَ ۚ وَٱلْمُؤْتُونَ ٱلزَّكَوٰةَ وَٱلْمُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ ۚ أُوْلَٰٓئِكَ سَنُؤْتِيهِمْ أَجْرًا عَظِيمًا ﴿١٦٢﴾

162. Kepha labo kubo abanolwazi olunzulu nabakholwayo, abaqikelela ukwenza *iSwala*, abakhipha *iZakati* nabakholwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina bayakholwa kulokho okwembulelwe kuwe nokwembulelwe ngaphambili.

۞ إِنَّآ أَوْحَيْنَآ إِلَيْكَ كَمَآ أَوْحَيْنَآ إِلَىٰ نُوحٍ وَٱلنَّبِيِّـۧنَ مِنۢ بَعْدِهِۦ ۚ وَأَوْحَيْنَآ إِلَىٰٓ إِبْرَٰهِيمَ وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَ وَٱلْأَسْبَاطِ وَعِيسَىٰ وَأَيُّوبَ وَيُونُسَ وَهَٰرُونَ وَسُلَيْمَٰنَ ۚ وَءَاتَيْنَا دَاوُۥدَ زَبُورًا ﴿١٦٣﴾

163. Nebala, Sambulele kuwe [*Muhamadi*] njengoba Sambulela ku *Nuhu* nezinye iZithunywa emuva kwakhe. Sambulela ku *Ibhirahimu*, no *Isima'ili* no *Isihaki* no *Yakubu Nezizukulwane* no Isa no *Ayubhu* no *Yunusi* no *Haruni* no *Sulayimani*; Sanika u*Dawudi iZabhuri*.

وَرُسُلًا قَدْ قَصَصْنَٰهُمْ عَلَيْكَ مِن قَبْلُ وَرُسُلًا لَّمْ نَقْصُصْهُمْ عَلَيْكَ ۚ وَكَلَّمَ ٱللَّهُ مُوسَىٰ تَكْلِيمًا ﴿١٦٤﴾

164. Ezinye zeZithunywa Sikulandisile ngazo kanti ezinye asikulandisanga ngazo, futhi uAllah Wakhuluma *noMusa* mathupha.

رُّسُلًا مُّبَشِّرِينَ وَمُنذِرِينَ لِئَلَّا يَكُونَ لِلنَّاسِ عَلَى ٱللَّهِ حُجَّةٌۢ بَعْدَ ٱلرُّسُلِ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَزِيزًا حَكِيمًا ﴿١٦٥﴾

165. Izithunywa ezingabethuli bezindaba ezinhle nabaxwayisi, ukuze abantu bangagxeki u Allah emuva okufika kweZithunywa; u Allah unguSomandla Okhaliphile.

لَّٰكِنِ ٱللَّهُ يَشْهَدُ بِمَآ أَنزَلَ إِلَيْكَ ۖ أَنزَلَهُۥ بِعِلْمِهِۦ ۖ وَٱلْمَلَٰٓئِكَةُ يَشْهَدُونَ ۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ شَهِيدًا ﴿١٦٦﴾

166. Kepha u Allah ungufakazi kwalokho akwembulele kuwe [Muhamadi], ukwembulele ngolwazi lwaKhe, kanti futhi nezingelosi zingofakazi; kepha u Allah wanele njengofakazi.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَصَدُّوا۟ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ قَدْ ضَلُّوا۟ ضَلَٰلًۢا بَعِيدًا ﴿١٦٧﴾

167. Labo abangakholwa bavimbe abanye endleleni ka Allah, balahlekile kakhulu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَظَلَمُوا۟ لَمْ يَكُنِ ٱللَّهُ لِيَغْفِرَ لَهُمْ وَلَا لِيَهْدِيَهُمْ طَرِيقًا ﴿١٦٨﴾

168. Labo abangakholwa abaphambukile, u Allah angeke abathethelele noma abaholele endleleni eqondile.

إِلَّا طَرِيقَ جَهَنَّمَ خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدًا ۚ وَكَانَ ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ يَسِيرًا ﴿١٦٩﴾

169. Ngaphandle kwendlela yaseJahanamu abayobhadla kuyo unaphakade; lokho kuyinto elule ku Allah.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ قَدْ جَآءَكُمُ ٱلرَّسُولُ بِٱلْحَقِّ مِن رَّبِّكُمْ فَـَٔامِنُوا۟ خَيْرًا لَّكُمْ ۚ وَإِن تَكْفُرُوا۟ فَإِنَّ لِلَّهِ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلِيمًا حَكِيمًا ﴿١٧٠﴾

170. Sintu! iSithunywa sifikile kini neqiniso elivela eNkosini yenu; ngakhoke kholwani, yikona okungcono, kepha uma ningakholwa, konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah; u Allah Wazi konke Ukhaliphile.

يَٰٓأَهۡلَ ٱلۡكِتَٰبِ لَا تَغۡلُواْ فِي دِينِكُمۡ وَلَا تَقُولُواْ عَلَى ٱللَّهِ إِلَّا ٱلۡحَقَّۚ إِنَّمَا ٱلۡمَسِيحُ عِيسَى ٱبۡنُ مَرۡيَمَ رَسُولُ ٱللَّهِ وَكَلِمَتُهُۥٓ أَلۡقَىٰهَآ إِلَىٰ مَرۡيَمَ وَرُوحٞ مِّنۡهُۖ فَـَٔامِنُواْ بِٱللَّهِ وَرُسُلِهِۦۖ وَلَا تَقُولُواْ ثَلَٰثَةٌۚ ٱنتَهُواْ خَيۡرٗا لَّكُمۡۚ إِنَّمَا ٱللَّهُ إِلَٰهٞ وَٰحِدٞۖ سُبۡحَٰنَهُۥٓ أَن يَكُونَ لَهُۥ وَلَدٞ لَّهُۥ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۗ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ وَكِيلٗا ﴿١٧١﴾

171. Nina beMibhalo musani ukweqa imikhawulo enkolweni yenu, futhi khulumani iqiniso kuphela ngo Allah. *UMasihi, u Isa ka Mariyamu* iSithunywa sika Allah neZwi laKhe alifaka *kuMariyamu* nomoya ovela kuYe; ngakhoke kholwani ku Allah nezithunywa zaKhe, futhi ningathi: "Bathathu", uma nikuyeka, yikona okungcono; u Allah uyena yedwa okumele akhonzwe; makangcweliswe ekubeni nengane; konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwakhe, futhi u Allah wanele njengoMhlengi.

لَّن يَسۡتَنكِفَ ٱلۡمَسِيحُ أَن يَكُونَ عَبۡدٗا لِّلَّهِ وَلَا ٱلۡمَلَٰٓئِكَةُ ٱلۡمُقَرَّبُونَۚ وَمَن يَسۡتَنكِفۡ عَنۡ عِبَادَتِهِۦ وَيَسۡتَكۡبِرۡ فَسَيَحۡشُرُهُمۡ إِلَيۡهِ جَمِيعٗا ﴿١٧٢﴾

172. Umasihi akasoze anqaba ukuba yinceku ka Allah, kanjalo nezingelosi ezisondele. Labo abanqabayo ekumkhonzeni bazigqaje uyobabuthanisa bonke kuYe.

فَأَمَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ فَيُوَفِّيهِمۡ أُجُورَهُمۡ وَيَزِيدُهُم مِّن فَضۡلِهِۦۖ وَأَمَّا ٱلَّذِينَ ٱسۡتَنكَفُواْ وَٱسۡتَكۡبَرُواْ فَيُعَذِّبُهُمۡ عَذَابًا أَلِيمٗا وَلَا يَجِدُونَ لَهُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ وَلِيّٗا وَلَا نَصِيرٗا ﴿١٧٣﴾

173. Labo abakholwayo benze okuhle, uyobapha imivuzo yabo ngokugcwele aphinde abengezele ngomusa waKhe. Kepha labo abanqabayo nabazigqajayo uyobajezisa ngesijeziso esibuhlungu futhi abayikuthola mhlengi nomsizi ngaphandle kuka Allah.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ قَدْ جَآءَكُم بُرْهَٰنٌ مِّن رَّبِّكُمْ وَأَنزَلْنَآ إِلَيْكُمْ نُورًا مُّبِينًا ﴿١٧٤﴾

174. Sintu! Bufikile kini ubufakazi obuvela eNkosini yenu, futhi Sathumela kini ukukhanya okuthe bha.

فَأَمَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ بِٱللَّهِ وَٱعْتَصَمُوا۟ بِهِۦ فَسَيُدْخِلُهُمْ فِى رَحْمَةٍ مِّنْهُ وَفَضْلٍ وَيَهْدِيهِمْ إِلَيْهِ صِرَٰطًا مُّسْتَقِيمًا ﴿١٧٥﴾

175. Labo abakholwa ku Allah babambelele kuYe, uyobafaka emseni waKhe nasesibusisweni futhi abaholele kuYe ngendlela eqondile.

يَسْتَفْتُونَكَ قُلِ ٱللَّهُ يُفْتِيكُمْ فِى ٱلْكَلَٰلَةِ ۚ إِنِ ٱمْرُؤٌا۟ هَلَكَ لَيْسَ لَهُۥ وَلَدٌ وَلَهُۥٓ أُخْتٌ فَلَهَا نِصْفُ مَا تَرَكَ ۚ وَهُوَ يَرِثُهَآ إِن لَّمْ يَكُن لَّهَا وَلَدٌ ۚ فَإِن كَانَتَا ٱثْنَتَيْنِ فَلَهُمَا ٱلثُّلُثَانِ مِمَّا تَرَكَ ۚ وَإِن كَانُوٓا۟ إِخْوَةً رِّجَالًا وَنِسَآءً فَلِلذَّكَرِ مِثْلُ حَظِّ ٱلْأُنثَيَيْنِ ۗ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمْ أَن تَضِلُّوا۟ ۗ وَٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿١٧٦﴾

176. Bafuna ukwazi kuwe [Muhamadi], yithi: "u Allah uzonazisa *ngeKhalala*". Uma umuntu eshona engenangane kepha enodadewabo, uyothola isigamu esisodwa kwezimbili kwakushiyile [ifa]. Naye futhi uyoba indlalifa yakhe [udadewabo] uma engenazo izingane. Uma bebabili odadewabo, bazothola izigamu ezimbili kwezintathu kwakushiyile. Kepha uma bengomnewabo abesilisa nabesifazane, owesilisa uthola okuphindwe kabili kokutholwa owesimame. U Allah uyanicacisela ukuze ningaphambuki; u Allah Wazi ngazo zonke izinto.

(5) SURA MA'IDA
ITAFULA

سُورَةُ ٱلْمَآئِدَةِ

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ أَوۡفُواْ بِٱلۡعُقُودِۚ أُحِلَّتۡ لَكُم بَهِيمَةُ ٱلۡأَنۡعَٰمِ إِلَّا مَا يُتۡلَىٰ عَلَيۡكُمۡ غَيۡرَ مُحِلِّي ٱلصَّيۡدِ وَأَنتُمۡ حُرُمٌۗ إِنَّ ٱللَّهَ يَحۡكُمُ مَا يُرِيدُ ١

1. Nina enikholwayo! Gcinani izibophezelo. Nivunyelwe ukudla zonke izilwane ngaphandle kwalezi enitshelwe ngazo. Futhi anivunyelwe ukuzingela izinyamazane lapho niku *iHiramu* (uma uyokwenza i *Umra* noma iHaji). Belu u Allah ubeka umthetho awuthandayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تُحِلُّواْ شَعَٰٓئِرَ ٱللَّهِ وَلَا ٱلشَّهۡرَ ٱلۡحَرَامَ وَلَا ٱلۡهَدۡيَ وَلَا ٱلۡقَلَٰٓئِدَ وَلَآ ءَآمِّينَ ٱلۡبَيۡتَ ٱلۡحَرَامَ يَبۡتَغُونَ فَضۡلٗا مِّن رَّبِّهِمۡ وَرِضۡوَٰنٗاۚ وَإِذَا حَلَلۡتُمۡ فَٱصۡطَادُواْۚ وَلَا يَجۡرِمَنَّكُمۡ شَنَـَٔانُ قَوۡمٍ أَن صَدُّوكُمۡ عَنِ ٱلۡمَسۡجِدِ ٱلۡحَرَامِ أَن تَعۡتَدُواْۘ وَتَعَاوَنُواْ عَلَى ٱلۡبِرِّ وَٱلتَّقۡوَىٰۖ وَلَا تَعَاوَنُواْ عَلَى ٱلۡإِثۡمِ وَٱلۡعُدۡوَٰنِۚ وَٱتَّقُواْ ٱللَّهَۖ إِنَّ ٱللَّهَ شَدِيدُ ٱلۡعِقَابِ ٢

2. Nina enikholwayo! Ningaphuli umthetho mayelana nezimiso zika Allah noma izinyanga ezihlonishwayo [*Dhul-Ka'da, Dhul-Hija, Muharamu, Rajabu*] noma izilwane zomhlatshelo nalezo ezinezimpawu noma nalabo abaze ngokuthula eMakha belangezelele izibusiso zeNkosi yabo nokuyithokozisa. Kepha uma seningekho ku *Ihiramu*, seningazingela. Futhi inzondo yalabo abanivimba ekutheni ningene *eMasijidi Haramu* bayinganenzi ukuba ningabi nobulungiswa. Ngakhoke lekelanani ekwenzeni okuhle

nokuthobela intando ka Allah. Ningalekelelani ekuphambukeni nasekuphuleni umthetho. Nithobele u Allah, ngokuba u Allah ujezisana kanzima.

3. Nenqatshelwe ukudla ingcuba, negazi, nenyama yengulube neyesilwane ezihlatshelwe abanye ngaphandle kuka Allah neyaleso esibulawe ngokubhongwane neyaleso esigqenyiwe neyaleso esisakazwe phansi safa neyaleso esibhokodwe esinye safa neyaleso esidliwe izilwane sasendle – ngaphandle uma nisithole (sisaphila) nasihlaba – neyaleso esihlatshelwe izithixo, futhi nenqatshelwe ukuqagela enabelwe kona ngemicibisholo; ngokuba konke lokhu (eninqatshelwe kona) kuyimpambuko. Namhlanje laba abangakholwa abasenalo ithemba lokuthi niyoke nishiye inkolo yenu; ngakhoke ningabesabi kepha nesabe Mina. Namhlanje ngiyiphelelisile inkolo yenu ngagcwalisela izibusiso zaMi kini, futhi nganikhethela i-Isilamu njengendlela yenu yokuphila. Kepha lowo ophoqwa yindlala (ukudla okunqatshelwe) ebe engenanhloso yokuphula umthetho (akanacala), bheka ngoba u Allah uyathethelela unesihawu.

حُرِّمَتْ عَلَيْكُمُ ٱلْمَيْتَةُ وَٱلدَّمُ
وَلَحْمُ ٱلْخِنزِيرِ وَمَآ أُهِلَّ لِغَيْرِ ٱللَّهِ
بِهِۦ وَٱلْمُنْخَنِقَةُ وَٱلْمَوْقُوذَةُ وَٱلْمُتَرَدِّيَةُ
وَٱلنَّطِيحَةُ وَمَآ أَكَلَ ٱلسَّبُعُ إِلَّا مَا
ذَكَّيْتُمْ وَمَا ذُبِحَ عَلَى ٱلنُّصُبِ وَأَن
تَسْتَقْسِمُوا۟ بِٱلْأَزْلَٰمِ ۚ ذَٰلِكُمْ فِسْقٌ ۗ ٱلْيَوْمَ
يَئِسَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِن دِينِكُمْ فَلَا
تَخْشَوْهُمْ وَٱخْشَوْنِ ۚ ٱلْيَوْمَ أَكْمَلْتُ
لَكُمْ دِينَكُمْ وَأَتْمَمْتُ عَلَيْكُمْ
نِعْمَتِى وَرَضِيتُ لَكُمُ ٱلْإِسْلَٰمَ دِينًا ۚ
فَمَنِ ٱضْطُرَّ فِى مَخْمَصَةٍ غَيْرَ مُتَجَانِفٍ
لِّإِثْمٍ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٣﴾

4. Bayakubuza ukuthi yikuphi abanganqatshelwe kona, yithi: "Aninqatshelwe konke lokhu okuhlanzekile kanye nalokho okuzingelwa yizilwane ezizingelayo enizifundusile kulokho enikufundiswe ngu Allah; ngakhoke dlanini kulokho ezinibambele kona niphakamise igama lika Allah kukho, futhi nithobele u Allah; nebala u Allah wehlulela ngokushesha.

يَسْـَٔلُونَكَ مَاذَآ أُحِلَّ لَهُمْ ۖ قُلْ أُحِلَّ
لَكُمُ ٱلطَّيِّبَٰتُ وَمَا عَلَّمْتُم مِّنَ
ٱلْجَوَارِحِ مُكَلِّبِينَ تُعَلِّمُونَهُنَّ مِمَّا
عَلَّمَكُمُ ٱللَّهُ ۖ فَكُلُوا۟ مِمَّآ أَمْسَكْنَ
عَلَيْكُمْ وَٱذْكُرُوا۟ ٱسْمَ ٱللَّهِ عَلَيْهِ ۖ
وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ سَرِيعُ ٱلْحِسَابِ ﴿٤﴾

5. Namhlanje aninqatshelwe okuhlanzekile, futhi nokudla kwabeMibhalo anenqatshelwe kona futhi nabo abanqatshelwe ukudla kwenu. Futhi aninqatshelwe ukushada abesimame abaqotho abakholwayo, kanye nabesimame abaqotho kwabeMibhalo uma nje senibanikeze ilobolo labo, futhi nani niziphethe kahle ningenzi ukukhohlakala futhi ningenabo omakhapheni (enijola nabo). Lowo ophika ukholo, izenzo zakhe (ezinhle) ziyoshabalala zonke futhi uyoba ngolahlekelwe kweLizayo.

ٱلْيَوْمَ أُحِلَّ لَكُمُ ٱلطَّيِّبَٰتُ ۖ وَطَعَامُ
ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ حِلٌّ لَّكُمْ
وَطَعَامُكُمْ حِلٌّ لَّهُمْ ۖ وَٱلْمُحْصَنَٰتُ
مِنَ ٱلْمُؤْمِنَٰتِ وَٱلْمُحْصَنَٰتُ مِنَ
ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ مِن قَبْلِكُمْ إِذَآ
ءَاتَيْتُمُوهُنَّ أُجُورَهُنَّ مُحْصِنِينَ غَيْرَ
مُسَٰفِحِينَ وَلَا مُتَّخِذِىٓ أَخْدَانٍ ۗ وَمَن
يَكْفُرْ بِٱلْإِيمَٰنِ فَقَدْ حَبِطَ عَمَلُهُۥ
وَهُوَ فِى ٱلْءَاخِرَةِ مِنَ ٱلْخَٰسِرِينَ ﴿٥﴾

6. Nina enikholwayo! Uma niyokwenza iSwala, gezani ubuso benu nezandla zenu kufika ezindololwaneni, nisule amakhanda enu ngezandla ezimanzi kanjalo nezinyawo

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِذَا قُمْتُمْ
إِلَى ٱلصَّلَوٰةِ فَٱغْسِلُوا۟ وُجُوهَكُمْ
وَأَيْدِيَكُمْ إِلَى ٱلْمَرَافِقِ وَٱمْسَحُوا۟
بِرُءُوسِكُمْ وَأَرْجُلَكُمْ إِلَى ٱلْكَعْبَيْنِ ۚ

zenu kufika emaqakaleni. Kepha uma *nikujanaba* kumele nigeze umzimba wonke. Uma nigula noma nisohambeni noma nibuya endlini encane noma beniye ocansini nabafazi benu, kepha ningawatholi amanzi [okwenza iwudu noma ugeza umzimba wonke], yenzani itayamumi ngothuli oluhlanzekile, nisule ubuso nezandla zenu ngalo. U Allah akaqonde ukunithwesa ubunzima kepha ufuna ukunihlanza futhi aphelelise izibusiso zaKhe kini ukuze nikhombise ukubonga.

وَإِن كُنتُمْ جُنُبًا فَٱطَّهَّرُوا۟ ۚ وَإِن كُنتُم مَّرْضَىٰٓ أَوْ عَلَىٰ سَفَرٍ أَوْ جَآءَ أَحَدٌ مِّنكُم مِّنَ ٱلْغَآئِطِ أَوْ لَٰمَسْتُمُ ٱلنِّسَآءَ فَلَمْ تَجِدُوا۟ مَآءً فَتَيَمَّمُوا۟ صَعِيدًا طَيِّبًا فَٱمْسَحُوا۟ بِوُجُوهِكُمْ وَأَيْدِيكُم مِّنْهُ ۚ مَا يُرِيدُ ٱللَّهُ لِيَجْعَلَ عَلَيْكُم مِّنْ حَرَجٍ وَلَٰكِن يُرِيدُ لِيُطَهِّرَكُمْ وَلِيُتِمَّ نِعْمَتَهُۥ عَلَيْكُمْ لَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿٦﴾

7. Futhi nikhumbule izibusiso zika Allah kini nesibophezelo saKhe lesi anibophezela ngaso, mhla nithi, 'siyezwa futhi sizolalela'. Thobelanike u Allah, ngokuba u Allah ukwazi njengoba kunjalo okusezifubeni.

وَٱذْكُرُوا۟ نِعْمَةَ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ وَمِيثَٰقَهُ ٱلَّذِى وَاثَقَكُم بِهِۦٓ إِذْ قُلْتُمْ سَمِعْنَا وَأَطَعْنَا ۖ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٌۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿٧﴾

8. Nina enikholwayo! Gcinani imiyalelo ka Allah, nifakazele ubulungiswa. Inzondo yabantu thizeni mayinganiholeli ekutheni ningenzi ubulungiswa; ngakhoke yenzani ubulungiswa ngokuba yikona okusondelene nokuthobela intando ka Allah, futhi nithobele u Allah; nebala u Allah unolwazi lwakho konke enikwenzayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ كُونُوا۟ قَوَّٰمِينَ لِلَّهِ شُهَدَآءَ بِٱلْقِسْطِ ۖ وَلَا يَجْرِمَنَّكُمْ شَنَـَٔانُ قَوْمٍ عَلَىٰٓ أَلَّا تَعْدِلُوا۟ ۚ ٱعْدِلُوا۟ هُوَ أَقْرَبُ لِلتَّقْوَىٰ ۖ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ خَبِيرٌۢ بِمَا تَعْمَلُونَ ﴿٨﴾

وَعَدَ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَهُم مَّغۡفِرَةٞ وَأَجۡرٌ عَظِيمٞ ٩

9. U Allah uthembise labo abakholwayo benza nokuhle ukuthi bayothola intethelelo nomvuzo omkhulu.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَكَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَآ أُوْلَٰٓئِكَ أَصۡحَٰبُ ٱلۡجَحِيمِ ١٠

10. Labo abangakholwa futhi bephika imibiko yeThu, yibo kanye abayongena eMlilweni.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱذۡكُرُواْ نِعۡمَتَ ٱللَّهِ عَلَيۡكُمۡ إِذۡ هَمَّ قَوۡمٌ أَن يَبۡسُطُوٓاْ إِلَيۡكُمۡ أَيۡدِيَهُمۡ فَكَفَّ أَيۡدِيَهُمۡ عَنكُمۡۖ وَٱتَّقُواْ ٱللَّهَۚ وَعَلَى ٱللَّهِ فَلۡيَتَوَكَّلِ ٱلۡمُؤۡمِنُونَ ١١

11. Nina enikholwayo! Khumbulani umusa ka Allah kini mhla abantu befuna ukunihlasela kepha u Allah wabanqanda wanihlenga; thobelani u Allah futhi abakholwayo kumele bathembele ku Allah.

* وَلَقَدۡ أَخَذَ ٱللَّهُ مِيثَٰقَ بَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ وَبَعَثۡنَا مِنۡهُمُ ٱثۡنَيۡ عَشَرَ نَقِيبٗاۖ وَقَالَ ٱللَّهُ إِنِّي مَعَكُمۡۖ لَئِنۡ أَقَمۡتُمُ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتَيۡتُمُ ٱلزَّكَوٰةَ وَءَامَنتُم بِرُسُلِي وَعَزَّرۡتُمُوهُمۡ وَأَقۡرَضۡتُمُ ٱللَّهَ قَرۡضًا حَسَنٗا لَّأُكَفِّرَنَّ عَنكُمۡ سَيِّـَٔاتِكُمۡ وَلَأُدۡخِلَنَّكُمۡ جَنَّٰتٖ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُۚ فَمَن كَفَرَ بَعۡدَ ذَٰلِكَ مِنكُمۡ فَقَدۡ ضَلَّ سَوَآءَ ٱلسَّبِيلِ ١٢

12. Nebala u Allah wenza isibophezelo nesizwe sika-*Isirayeli* futhi saqoka kuso abelusi abayishumi nambili, u Allah wathi: "Nginani, uma niqekelela ukwenza *iSwala*, nikhiphe *neZakati*, nikholwe kuZithunywa zaMi nizihloniphe futhi niboleke u Allah imboleko enhle, ngiyokwesula amacala enu ngiphinde nginingenise ezivandeni okugeleza ngenzansi kwazo imifula. Kepha lowo kini ozophika ukholo emuva kwalokho uyobe usedukelwe indlela eqondile.

فَبِمَا نَقۡضِهِم مِّيثَٰقَهُمۡ لَعَنَّٰهُمۡ وَجَعَلۡنَا قُلُوبَهُمۡ قَٰسِيَةٗۖ يُحَرِّفُونَ ٱلۡكَلِمَ عَن مَّوَاضِعِهِۦ وَنَسُواْ حَظّٗا مِّمَّا ذُكِّرُواْ بِهِۦۚ

13. Ngenxa yokwephula kwabi izibophezelo, sabaqalekisa senza lukhuni izinhliziyo zabo. Bheka ngoba baguqula izwi endaweni

yalo[1] baphinde bakhohlwe lokhu abede bekhunjuzwa kona. Futhi uyohlala njalo uhlangabezana nokungathembeki kubo ngaphandle nje kwedlanzana. Ngakhoke baxolele wendlulise; nebala u Allah uyabathanda abenza okuhle.

وَلَا تَزَالُ تَطَّلِعُ عَلَىٰ خَآئِنَةٍ مِّنْهُمْ إِلَّا قَلِيلًا مِّنْهُمْ ۖ فَٱعْفُ عَنْهُمْ وَٱصْفَحْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٣﴾

14. Futhi senza isibophezelo nalabo abathi: "Singama*Nasarina*", kepha bakhohlwa yilokhu abede bekhunjuzwa kona. Ngakhoke satshala ubutha nezondo phakathi kwabo kuyoze kube uSuku lokwaHlulela. Futhi maduzane u Allah uyobazisa ngalokho ababekwenza.

وَمِنَ ٱلَّذِينَ قَالُوٓا۟ إِنَّا نَصَٰرَىٰٓ أَخَذْنَا مِيثَٰقَهُمْ فَنَسُوا۟ حَظًّا مِّمَّا ذُكِّرُوا۟ بِهِۦ فَأَغْرَيْنَا بَيْنَهُمُ ٱلْعَدَٰوَةَ وَٱلْبَغْضَآءَ إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْقِيَٰمَةِ ۚ وَسَوْفَ يُنَبِّئُهُمُ ٱللَّهُ بِمَا كَانُوا۟ يَصْنَعُونَ ﴿١٤﴾

15. Nina beMibhalo! Nebala iSithunywa sethu sesifikile kini ukuze sinihlalusele okuningi kulokho ebenikufihla eNcwadini futhi kuningi esizokuyeka; bheka ngoba ukukhanya neNcwadi ecacisayo sekufikile kini.

يَٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ قَدْ جَآءَكُمْ رَسُولُنَا يُبَيِّنُ لَكُمْ كَثِيرًا مِّمَّا كُنتُمْ تُخْفُونَ مِنَ ٱلْكِتَٰبِ وَيَعْفُوا۟ عَن كَثِيرٍ ۚ قَدْ جَآءَكُم مِّنَ ٱللَّهِ نُورٌ وَكِتَٰبٌ مُّبِينٌ ﴿١٥﴾

16. U Allah uholela ngayo labo abalandela intando yaKhe izindlela zokuthula futhi ubakhipha ebumnyameni abase ekukhanyeni ngemvumo yaKhe aphinde abaholele endleleni eqondile.

يَهْدِى بِهِ ٱللَّهُ مَنِ ٱتَّبَعَ رِضْوَٰنَهُۥ سُبُلَ ٱلسَّلَٰمِ وَيُخْرِجُهُم مِّنَ ٱلظُّلُمَٰتِ إِلَى ٱلنُّورِ بِإِذْنِهِۦ وَيَهْدِيهِمْ إِلَىٰ صِرَٰطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿١٦﴾

1 Ukuguquula amazwi ka Allah kukabili, (i) ngokuguquka indlela alotshwe noma ashicilelwe ngayo, noma (ii) ngokuhlanekenzela umqondo nomlayezo wamazwi.

17. Ngempela abasakholwa labo abathi u Allah unguMasihi u-Isa indodana ka Mariyamu. Yithi: "uma u Allah efuna ukubhubhisa uMasihi indodana ka Mariyamu nonina kanye nabo bonke abasemhlabeni, ubani oyokhona ukunqanda u Allah na?". Ubukhosi bamazulu nomhlaba nokumaphakathi bungobuka Allah, udala akuthandayo ngokuba unguMenzi wezinto zonke.

لَّقَدْ كَفَرَ ٱلَّذِينَ قَالُوٓاْ إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْمَسِيحُ ٱبْنُ مَرْيَمَ ۚ قُلْ فَمَن يَمْلِكُ مِنَ ٱللَّهِ شَيْـًٔا إِنْ أَرَادَ أَن يُهْلِكَ ٱلْمَسِيحَ ٱبْنَ مَرْيَمَ وَأُمَّهُۥ وَمَن فِى ٱلْأَرْضِ جَمِيعًا ۗ وَلِلَّهِ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا ۚ يَخْلُقُ مَا يَشَآءُ ۚ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٧﴾

18. AmaYahudi namaNasara athi, 'singabantwana baka Allah nabathandiweyo baKhe'. Yithi: "Kungani pho enijezisa ngamacala enu na? Empeleni ningabantu kwabanye abadalile, u Allah uthethelela amthandayo ajezise amthandayo. Ubukhosi bamazulu nomhlaba nokumaphakathi bungobuka Allah futhi isiphetho sikuYe".

وَقَالَتِ ٱلْيَهُودُ وَٱلنَّصَٰرَىٰ نَحْنُ أَبْنَٰٓؤُاْ ٱللَّهِ وَأَحِبَّٰٓؤُهُۥ ۚ قُلْ فَلِمَ يُعَذِّبُكُم بِذُنُوبِكُم ۖ بَلْ أَنتُم بَشَرٌ مِّمَّنْ خَلَقَ ۚ يَغْفِرُ لِمَن يَشَآءُ وَيُعَذِّبُ مَن يَشَآءُ ۚ وَلِلَّهِ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا ۖ وَإِلَيْهِ ٱلْمَصِيرُ ﴿١٨﴾

19. Nina beMibhalo! Nebala iSithunywa seThu sifikile kini sinicacisela [iqiniso] emuva kwesikhathi eside kungekho sithunywa, ukuze ningathi 'akukho methuli wezindaba ezinhle noma umexwayisi owafika kithi'; nakhoke usefikile kini umethuli wezindaba ezinhle nomexwayisi, bheka ngoba u Allah ungumenzi wezinto zonke.

يَٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ قَدْ جَآءَكُمْ رَسُولُنَا يُبَيِّنُ لَكُمْ عَلَىٰ فَتْرَةٍ مِّنَ ٱلرُّسُلِ أَن تَقُولُواْ مَا جَآءَنَا مِنۢ بَشِيرٍ وَلَا نَذِيرٍ ۖ فَقَدْ جَآءَكُم بَشِيرٌ وَنَذِيرٌ ۗ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٩﴾

وَإِذْ قَالَ مُوسَىٰ لِقَوْمِهِۦ يَٰقَوْمِ ٱذْكُرُوا۟
نِعْمَةَ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ إِذْ جَعَلَ فِيكُمْ
أَنۢبِيَآءَ وَجَعَلَكُم مُّلُوكًا وَءَاتَىٰكُم مَّا
لَمْ يُؤْتِ أَحَدًا مِّنَ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٢٠﴾

20. Khumbula lapho uMusa ethi kubantu bakhe: "Khumbulani izibusiso zika Allah kini bakwethu, mhla eqoka kini iZithunywa, wanenza amakhosi waphinde wanipha lokho angakaze akuphe abanye ezizweni…

يَٰقَوْمِ ٱدْخُلُوا۟ ٱلْأَرْضَ ٱلْمُقَدَّسَةَ ٱلَّتِى
كَتَبَ ٱللَّهُ لَكُمْ وَلَا تَرْتَدُّوا۟ عَلَىٰٓ
أَدْبَٰرِكُمْ فَتَنقَلِبُوا۟ خَٰسِرِينَ ﴿٢١﴾

21. "Ngenanike bakwethu kulomhlaba ongcwele u Allah anibekele wona futhi ningabi amavaka funa nibe ngabalahlekelwayo".

قَالُوا۟ يَٰمُوسَىٰٓ إِنَّ فِيهَا قَوْمًا جَبَّارِينَ
وَإِنَّا لَن نَّدْخُلَهَا حَتَّىٰ يَخْرُجُوا۟ مِنْهَا فَإِن
يَخْرُجُوا۟ مِنْهَا فَإِنَّا دَٰخِلُونَ ﴿٢٢﴾

22. Bathi: "WeMusa! Kunezikhondlakhondla kuwo, ngakhoke asisoze sangena kuwo kuze kube ziyaphuma kuwo, uma ziphuma siyobe sesiyangena".

قَالَ رَجُلَانِ مِنَ ٱلَّذِينَ يَخَافُونَ أَنْعَمَ
ٱللَّهُ عَلَيْهِمَا ٱدْخُلُوا۟ عَلَيْهِمُ ٱلْبَابَ فَإِذَا
دَخَلْتُمُوهُ فَإِنَّكُمْ غَٰلِبُونَ ۚ وَعَلَى ٱللَّهِ
فَتَوَكَّلُوٓا۟ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٢٣﴾

23. Amadoda amabili ayenokwesaba u Allah, abusiswa ngu Allah, athi: "Ngenani nezicabha, kuyothi uma seningenile nakanjani niyonqoba, futhi nethembele ku Allah uma ningabakholwayo".

قَالُوا۟ يَٰمُوسَىٰٓ إِنَّا لَن نَّدْخُلَهَآ أَبَدًا مَّا
دَامُوا۟ فِيهَا فَٱذْهَبْ أَنتَ وَرَبُّكَ فَقَٰتِلَآ
إِنَّا هَٰهُنَا قَٰعِدُونَ ﴿٢٤﴾

24. Bathi: "WeMusa! Asisoze sangene uma besasekuwo, ngakhoke ungahamba wena neNkosi yakho niyolwa, thina siyobe sila sihleli".

قَالَ رَبِّ إِنِّى لَآ أَمْلِكُ إِلَّا نَفْسِى وَأَخِى ۖ
فَٱفْرُقْ بَيْنَنَا وَبَيْنَ ٱلْقَوْمِ ٱلْفَٰسِقِينَ ﴿٢٥﴾

25. Wathi [uMusa]: "Nkosi yami, ayikho into engayenza, sekuyimi nomnewethu, ngakhoke sehlukanise nabantu abayiziphulamthetho".

26. Wathi [u Allah]: "Sebenqatshelwe wona [umhlaba ongcwele] iminyaka engamashumi amane bempumpa emhlabeni, ngakhoke ungabazweli abantu abayiziphulamthetho".

قَالَ فَإِنَّهَا مُحَرَّمَةٌ عَلَيْهِمْ أَرْبَعِينَ سَنَةً ۚ يَتِيهُونَ فِي ٱلْأَرْضِ ۗ فَلَا تَأْسَ عَلَى ٱلْقَوْمِ ٱلْفَٰسِقِينَ ﴿٢٦﴾

27. Futhi balandise indaba yamadodana amabili ka Adamu [*uKabilinoHabili*], mhla benikela ngeminikelo, wamukelwa koyedwa [*uHabili*] wenqatshwa komunye [*uKabili*], owathi, 'ngizokubalala nakanjani'. Wathi: "u Allah wamukela kulabo abathobela intando yaKhe".

* وَٱتْلُ عَلَيْهِمْ نَبَأَ ٱبْنَىْ ءَادَمَ بِٱلْحَقِّ إِذْ قَرَّبَا قُرْبَانًا فَتُقُبِّلَ مِنْ أَحَدِهِمَا وَلَمْ يُتَقَبَّلْ مِنَ ٱلْءَاخَرِ ۖ قَالَ لَأَقْتُلَنَّكَ ۖ قَالَ إِنَّمَا يَتَقَبَّلُ ٱللَّهُ مِنَ ٱلْمُتَّقِينَ ﴿٢٧﴾

28. "Umake wena uzolula isandla sakho kimi ukuze ungibulale, mina angeke ngalula esami kuwe ukuze ngikubulale, ngokuba ngesaba u Allah iNkosi yezizwe".

لَئِنۢ بَسَطتَ إِلَىَّ يَدَكَ لِتَقْتُلَنِى مَآ أَنَا۠ بِبَاسِطٍ يَدِىَ إِلَيْكَ لِأَقْتُلَكَ ۖ إِنِّىٓ أَخَافُ ٱللَّهَ رَبَّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٢٨﴾

29. Ngifuna kube nguwena othwala icala ukuze ube omunye abayongena eMlilweni, phela yiwo lowo umvuzo wabaphambuki.

إِنِّىٓ أُرِيدُ أَن تَبُوٓأَ بِإِثْمِى وَإِثْمِكَ فَتَكُونَ مِنْ أَصْحَٰبِ ٱلنَّارِ ۚ وَذَٰلِكَ جَزَٰٓؤُا۟ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٢٩﴾

30. Kepha umphefumulo wamhehela ukuba abulale umfo wakhe, wabe useyambulala, ngalokho waba omunye wabalahlekelwe.

فَطَوَّعَتْ لَهُۥ نَفْسُهُۥ قَتْلَ أَخِيهِ فَقَتَلَهُۥ فَأَصْبَحَ مِنَ ٱلْخَٰسِرِينَ ﴿٣٠﴾

31. U Allah wabe esethumela igwababa ukuba liqhwande umhlabathi ukuze limbonise ukuthi asingcwabe kanjani

فَبَعَثَ ٱللَّهُ غُرَابًا يَبْحَثُ فِى ٱلْأَرْضِ لِيُرِيَهُۥ كَيْفَ يُوَٰرِى سَوْءَةَ أَخِيهِ ۚ

isidumbu somnewabo. Wathi: "Maye! Ngihlulwa ukufana naleligwababa ekufihleni isidumbu somnewethu", wabe esezisola.

قَالَ يَٰوَيۡلَتَىٰٓ أَعَجَزۡتُ أَنۡ أَكُونَ مِثۡلَ هَٰذَا ٱلۡغُرَابِ فَأُوَٰرِيَ سَوۡءَةَ أَخِيۖ فَأَصۡبَحَ مِنَ ٱلنَّٰدِمِينَ ٣١

32. Ngenxa yalokho, sanquma kusizwe sika-*Isirayeli* ukuthi lowo obulala omunye umuntu engabulala muntu noma engenzanga mpambuko emhlabeni, kufana nokuthi ubulele isintu sonke kanti ugcina umuntu ephila kufana nokuthi ugcine isintu sonke siphila. Nebala iZithunywa zethu zafika kubo nobufakazi obucacile, kepha iningi labo laqhubeka nokuphula umthetho emhlabeni emuva kwalokho.

مِنۡ أَجۡلِ ذَٰلِكَ كَتَبۡنَا عَلَىٰ بَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ أَنَّهُۥ مَن قَتَلَ نَفۡسَۢا بِغَيۡرِ نَفۡسٍ أَوۡ فَسَادٖ فِي ٱلۡأَرۡضِ فَكَأَنَّمَا قَتَلَ ٱلنَّاسَ جَمِيعٗاۚ وَمَنۡ أَحۡيَاهَا فَكَأَنَّمَآ أَحۡيَا ٱلنَّاسَ جَمِيعٗاۚ وَلَقَدۡ جَآءَتۡهُمۡ رُسُلُنَا بِٱلۡبَيِّنَٰتِ ثُمَّ إِنَّ كَثِيرٗا مِّنۡهُم بَعۡدَ ذَٰلِكَ فِي ٱلۡأَرۡضِ لَمُسۡرِفُونَ ٣٢

33. Isijeziso salabo abalwisa u Allah neSithunywa saKhe baphinde benze izimpambuko emhlabeni, ukuba nje, babulawe noma babethelwe noma banqanyulwe izandla nemilenze ngokuphambana noma bayiswe ekudingisweni emhlabeni; lokho kuyoba ukubahlaza lapha emhlabeni, kuthi kweLizayo bathole isijeziso esinzima.

إِنَّمَا جَزَٰٓؤُاْ ٱلَّذِينَ يُحَارِبُونَ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ وَيَسۡعَوۡنَ فِي ٱلۡأَرۡضِ فَسَادًا أَن يُقَتَّلُوٓاْ أَوۡ يُصَلَّبُوٓاْ أَوۡ تُقَطَّعَ أَيۡدِيهِمۡ وَأَرۡجُلُهُم مِّنۡ خِلَٰفٍ أَوۡ يُنفَوۡاْ مِنَ ٱلۡأَرۡضِۚ ذَٰلِكَ لَهُمۡ خِزۡيٞ فِي ٱلدُّنۡيَاۖ وَلَهُمۡ فِي ٱلۡأٓخِرَةِ عَذَابٌ عَظِيمٌ ٣٣

34. Ngaphandle kwalabo abazisolayo ngaphambi kokuba nibabambe; nihlale nazi ukuthi u Allah unguMthetheleli Onesihawu.

إِلَّا ٱلَّذِينَ تَابُواْ مِن قَبۡلِ أَن تَقۡدِرُواْ عَلَيۡهِمۡۖ فَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّ ٱللَّهَ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ٣٤

35. Nina enikholwayo! Thobelani intando ka Allah, nizikhandle ekusondelaneni naYe futhi nilwe endleni yaKhe ukuze niphumelele.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَٱبۡتَغُوٓاْ إِلَيۡهِ ٱلۡوَسِيلَةَ وَجَٰهِدُواْ فِي سَبِيلِهِۦ لَعَلَّكُمۡ تُفۡلِحُونَ ٣٥

36. Nebala labo abangakholwa, uma bebenakaho konke okukhona emhlabeni kuphindwe kabili, ukuze bazihlawule ngakho ekugwemeni isijeziso sangoSuku lokwaHlulela; akusoze kwamukelwa kubo futhi bayothola isijeziso esibuhlungu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَوۡ أَنَّ لَهُم مَّا فِي ٱلۡأَرۡضِ جَمِيعٗا وَمِثۡلَهُۥ مَعَهُۥ لِيَفۡتَدُواْ بِهِۦ مِنۡ عَذَابِ يَوۡمِ ٱلۡقِيَٰمَةِ مَا تُقُبِّلَ مِنۡهُمۡۖ وَلَهُمۡ عَذَابٌ أَلِيمٞ ٣٦

37. Bafuna ukuphuma eMlilweni, nakuba bengeke bakwazi ukuphuma kuwo, bheka ngoba bayothola isijeziso esingenqamuki.

يُرِيدُونَ أَن يَخۡرُجُواْ مِنَ ٱلنَّارِ وَمَا هُم بِخَٰرِجِينَ مِنۡهَاۖ وَلَهُمۡ عَذَابٞ مُّقِيمٞ ٣٧

38. Isebi nesebikazi, gencani izandla zabo njengomphumela wabakwenzile nesijeziso esivela ku Allah, futhi u Allah Unamandla Ukhaliphile.

وَٱلسَّارِقُ وَٱلسَّارِقَةُ فَٱقۡطَعُوٓاْ أَيۡدِيَهُمَا جَزَآءَۢ بِمَا كَسَبَا نَكَٰلٗا مِّنَ ٱللَّهِۗ وَٱللَّهُ عَزِيزٌ حَكِيمٞ ٣٨

39. Kepha lowo ozisolayo emuva kwezimpambuko zakhe aziqondise, u Allah uyomthethelela, ngokuba u Allah Uyathethelela Unesihawu.

فَمَن تَابَ مِنۢ بَعۡدِ ظُلۡمِهِۦ وَأَصۡلَحَ فَإِنَّ ٱللَّهَ يَتُوبُ عَلَيۡهِۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٞ رَّحِيمٌ ٣٩

40. Ubungazi yini ukuthi umbuso wezulu nomhlaba ungoka Allah, ngakhoke angajezisa amfunayo athethelele amfunayo, futhi u Allah unguMenzi wezinto zonke.

أَلَمۡ تَعۡلَمۡ أَنَّ ٱللَّهَ لَهُۥ مُلۡكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِ يُعَذِّبُ مَن يَشَآءُ وَيَغۡفِرُ لِمَن يَشَآءُۗ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٖ قَدِيرٞ ٤٠

41. Sithunywa! Mabangakukhathazi labo abazikhandla ngokungakholwa, kulabo abathi 'Siyakholwa' ngemilomo yabo kepha izinhliziyo zabo zibe zingakholwa nakulabo abangamaJuda; balela amanga belalela abanye abantu abangezanga kuwe. Bahlanekezela inkulumo [ka Allah] kulokhu ekuchazayo, bathi: "Uma ninikwa lena [incazelo] yithatheni kepha ninganikwa le xwayani". Kantike uma u Allah efuna ukudukisa umuntu ayikho into ongamenzela yona ku Allah. Yibo kanye labo u Allah angafunanga ukubahlanza izinhliziyo zabo; ngakhoke bayohlazeka lapha emhlabeni baphinde bathole isijeziso esinzima kweLizayo.

* يَٰٓأَيُّهَا ٱلرَّسُولُ لَا يَحۡزُنكَ ٱلَّذِينَ يُسَٰرِعُونَ فِي ٱلۡكُفۡرِ مِنَ ٱلَّذِينَ قَالُوٓاْ ءَامَنَّا بِأَفۡوَٰهِهِمۡ وَلَمۡ تُؤۡمِن قُلُوبُهُمۡۛ وَمِنَ ٱلَّذِينَ هَادُواْۛ سَمَّٰعُونَ لِلۡكَذِبِ سَمَّٰعُونَ لِقَوۡمٍ ءَاخَرِينَ لَمۡ يَأۡتُوكَۖ يُحَرِّفُونَ ٱلۡكَلِمَ مِنۢ بَعۡدِ مَوَاضِعِهِۦۖ يَقُولُونَ إِنۡ أُوتِيتُمۡ هَٰذَا فَخُذُوهُ وَإِن لَّمۡ تُؤۡتَوۡهُ فَٱحۡذَرُواْۚ وَمَن يُرِدِ ٱللَّهُ فِتۡنَتَهُۥ فَلَن تَمۡلِكَ لَهُۥ مِنَ ٱللَّهِ شَيۡـٔٗاۚ أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ لَمۡ يُرِدِ ٱللَّهُ أَن يُطَهِّرَ قُلُوبَهُمۡۚ لَهُمۡ فِي ٱلدُّنۡيَا خِزۡيٞۖ وَلَهُمۡ فِي ٱلۡأٓخِرَةِ عَذَابٌ عَظِيمٞ ﴿٤١﴾

42. Balalela amanga futhi badla umcebo onqatshelwe. Uma beza ukuze uzokwehlulela phakathi kwabo yehlulela noma ubayekele. Futhi uma ubayekela abasoze bakwenza lutho olubi, kepha uma wehlulela, yehlulela phakathi kwabo ngobulungiswa, ngokuba u Allah ubathanda impela abenza ubulungiswa.

سَمَّٰعُونَ لِلۡكَذِبِ أَكَّٰلُونَ لِلسُّحۡتِۚ فَإِن جَآءُوكَ فَٱحۡكُم بَيۡنَهُمۡ أَوۡ أَعۡرِضۡ عَنۡهُمۡۖ وَإِن تُعۡرِضۡ عَنۡهُمۡ فَلَن يَضُرُّوكَ شَيۡـٔٗاۖ وَإِنۡ حَكَمۡتَ فَٱحۡكُم بَيۡنَهُم بِٱلۡقِسۡطِۚ إِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلۡمُقۡسِطِينَ ﴿٤٢﴾

وَكَيْفَ يُحَكِّمُونَكَ وَعِندَهُمُ ٱلتَّوْرَىٰةُ فِيهَا حُكْمُ ٱللَّهِ ثُمَّ يَتَوَلَّوْنَ مِنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ ۚ وَمَآ أُو۟لَٰٓئِكَ بِٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٤٣﴾

43. Bakwenza kanjani umehluleli [phakathi kwabo] na, bebe *beneTora* equkethe izahlulelo zika Allah, baphinde bakushaye indiva [isahlulelo sakho] emuva kwalokho. Labo abasibona impela abakholwayo.

إِنَّآ أَنزَلْنَا ٱلتَّوْرَىٰةَ فِيهَا هُدًى وَنُورٌ ۚ يَحْكُمُ بِهَا ٱلنَّبِيُّونَ ٱلَّذِينَ أَسْلَمُوا۟ لِلَّذِينَ هَادُوا۟ وَٱلرَّبَّٰنِيُّونَ وَٱلْأَحْبَارُ بِمَا ٱسْتُحْفِظُوا۟ مِن كِتَٰبِ ٱللَّهِ وَكَانُوا۟ عَلَيْهِ شُهَدَآءَ ۚ فَلَا تَخْشَوُا۟ ٱلنَّاسَ وَٱخْشَوْنِ وَلَا تَشْتَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِى ثَمَنًا قَلِيلًا ۚ وَمَن لَّمْ يَحْكُم بِمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْكَٰفِرُونَ ﴿٤٤﴾

44. Impela sayiletha *iTora* iqukethe ukuhola nokukhanya; zazihlulela ngayo iZithunywa - ezazithobela u Allah – labo ababengamaJuda, zenza kanjalo iziNzululwazi eziqotho kanye naBafundisi ababethweswe ukuba bavikele iNcwadi ka Allah nokuthi babe ngofakazi. Ngakhoke ningesabi abantu kepha nesabe Mina futhi ningathengisi imibiko yami ngeze; bheka ngoba labo abangahluleli ngalokho u Allah akwembulile yibo kanye labo abangakholwa.

وَكَتَبْنَا عَلَيْهِمْ فِيهَآ أَنَّ ٱلنَّفْسَ بِٱلنَّفْسِ وَٱلْعَيْنَ بِٱلْعَيْنِ وَٱلْأَنفَ بِٱلْأَنفِ وَٱلْأُذُنَ بِٱلْأُذُنِ وَٱلسِّنَّ بِٱلسِّنِّ وَٱلْجُرُوحَ قِصَاصٌ ۚ فَمَن تَصَدَّقَ بِهِۦ فَهُوَ كَفَّارَةٌ لَّهُۥ ۚ وَمَن لَّمْ يَحْكُم بِمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ﴿٤٥﴾

45. Sababekela umthetho othi, impilo ngempilo, iso ngeso, ikhala ngekhala, indlebe ngendlebe, izinyo ngezinyo kanye nempindiselo kulowo olinyaziwe. Kantike lowo odedela ilungelo lakhe lokuphindisela, lokho kuyomesulela amacala akhe [ku Allah]; belu labo abangahluleli ngalokho okwembulelwe ngu Allah yibo kanye labo abaphambukile.

وَقَفَّيْنَا عَلَىٰٓ ءَاثَـٰرِهِم بِعِيسَى ٱبْنِ مَرْيَمَ
مُصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهِ مِنَ ٱلتَّوْرَىٰةِ ۖ
وَءَاتَيْنَـٰهُ ٱلْإِنجِيلَ فِيهِ هُدًى وَنُورٌ
وَمُصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهِ مِنَ ٱلتَّوْرَىٰةِ
وَهُدًى وَمَوْعِظَةً لِّلْمُتَّقِينَ ﴿٤٦﴾

46. Sabe sesilandelisa ezithendeni zazo [iZithunywa] ngo *Isa* indodana ka*Mariyamu* efakazela lokho akuficile kuqukethwe *iTora*, sabe sesimunika *i-Ininjili* eyabe iqukethe ukuholwa nokukhanya futhi ifakazela lokhu obekuqukethwe iTora ngaphambilini yaphinde yaba ngumkhokheli nomeluleki kulabo abathobela u Allah.

وَلْيَحْكُمْ أَهْلُ ٱلْإِنجِيلِ بِمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ
فِيهِ ۚ وَمَن لَّمْ يَحْكُم بِمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ
فَأُو۟لَـٰٓئِكَ هُمُ ٱلْفَـٰسِقُونَ ﴿٤٧﴾

47. Ngakhoke labo abathunyelwa *i-Ininjili* bamahlulele ngalokho u Allah akwembulele kuyo, bheka ngoba labo abangahluleli ngalokho okwembulelwe ngu Allah, yibo kanye izephula mthetho.

وَأَنزَلْنَآ إِلَيْكَ ٱلْكِتَـٰبَ بِٱلْحَقِّ مُصَدِّقًا
لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهِ مِنَ ٱلْكِتَـٰبِ وَمُهَيْمِنًا
عَلَيْهِ ۖ فَٱحْكُم بَيْنَهُم بِمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ ۖ
وَلَا تَتَّبِعْ أَهْوَآءَهُمْ عَمَّا جَآءَكَ مِنَ
ٱلْحَقِّ ۚ لِكُلٍّ جَعَلْنَا مِنكُمْ شِرْعَةً
وَمِنْهَاجًا ۚ وَلَوْ شَآءَ ٱللَّهُ لَجَعَلَكُمْ
أُمَّةً وَٰحِدَةً وَلَـٰكِن لِّيَبْلُوَكُمْ فِى مَآ
ءَاتَىٰكُمْ ۖ فَٱسْتَبِقُوا۟ ٱلْخَيْرَٰتِ ۚ إِلَى ٱللَّهِ
مَرْجِعُكُمْ جَمِيعًا فَيُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمْ
فِيهِ تَخْتَلِفُونَ ﴿٤٨﴾

48. Kantike sembulele kuwe [Muhamadi] iNcwadi [iKurani] ngeqiniso ifakazela iNcwadi engaphambi kwayo futhi iyiqinisekisa. Ngakhoke yehlulela phakathi kwabo ngalokho okwembulwe ngu Allah, ungalandeli izinkanuko zabo ushiye lokho okuyiqiniso okulethwe kuwe. Kanti nonke, isizwe ngasizwe sinebekele umhlahlandlela nenkambiso. Uma u Allah ubefuna ebenganenza isizwe esisodwa, kepha ufuna ukunivivinya kulokho anabele kona. Ngakhoke ncintisanani ekwenzeni okuhle, ngokuba niyobuyela nonke ku Allah bese enazisa ngalokho ebeniphikisana ngakho.

وَأَنِ ٱحۡكُم بَيۡنَهُم بِمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ وَلَا تَتَّبِعۡ أَهۡوَآءَهُمۡ وَٱحۡذَرۡهُمۡ أَن يَفۡتِنُوكَ عَنۢ بَعۡضِ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ إِلَيۡكَۖ فَإِن تَوَلَّوۡاْ فَٱعۡلَمۡ أَنَّمَا يُرِيدُ ٱللَّهُ أَن يُصِيبَهُم بِبَعۡضِ ذُنُوبِهِمۡۗ وَإِنَّ كَثِيرٗا مِّنَ ٱلنَّاسِ لَفَٰسِقُونَ ﴿٤٩﴾

49. Yehlulelake phakathi kwabo ngalokho okwembulwe ngu Allah, ungalandela izinkanuko zabo futhi ubaqhaphele bangakulingi kokunye u Allah akwembulele kuwe. Uma bukushaya indiva, yazike ukuthi u Allah ufuna ukubajezisa ngezinye zezimpambuko zabo; belu iningi labantu liyizephula mthetho.

أَفَحُكۡمَ ٱلۡجَٰهِلِيَّةِ يَبۡغُونَۚ وَمَنۡ أَحۡسَنُ مِنَ ٱللَّهِ حُكۡمٗا لِّقَوۡمٖ يُوقِنُونَ ﴿٥٠﴾

50. Ingabe bafuna umthetho *weJahiliya* [ophambene neIsilamu] na; ingabe ubani onomthetho ongcono kunoka Allah kulabo abangenakungabaza na?

۞ يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَتَّخِذُواْ ٱلۡيَهُودَ وَٱلنَّصَٰرَىٰٓ أَوۡلِيَآءَۘ بَعۡضُهُمۡ أَوۡلِيَآءُ بَعۡضٖۚ وَمَن يَتَوَلَّهُم مِّنكُمۡ فَإِنَّهُۥ مِنۡهُمۡۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَهۡدِي ٱلۡقَوۡمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٥١﴾

51. Nina enikholwayo! Ningenzi amaJuda namaNasarina abangani, ngokuba bangabangani bebodwa. Lowoke kini oyobenza abangani uyobe usengakubo. Ngempela u Allah akababaholeli endleleni eqondile abantu abaphambukayo.

فَتَرَى ٱلَّذِينَ فِي قُلُوبِهِم مَّرَضٞ يُسَٰرِعُونَ فِيهِمۡ يَقُولُونَ نَخۡشَىٰٓ أَن تُصِيبَنَا دَآئِرَةٞۚ فَعَسَى ٱللَّهُ أَن يَأۡتِيَ بِٱلۡفَتۡحِ أَوۡ أَمۡرٖ مِّنۡ عِندِهِۦ فَيُصۡبِحُواْ عَلَىٰ مَآ أَسَرُّواْ فِيٓ أَنفُسِهِمۡ نَٰدِمِينَ ﴿٥٢﴾

52. Uyobona labo abanesifo ezinhlizweni zabo bejahele ukuzibandakanya nabo [amaJuda namaNasarina] bethi: "Sesaba ukuthi izinto zizosiphendukela", khona maduze u Allah uzoletha ukunqoba noma okunye okuvela kuYe, bese bezisola ngalokho ebekuyikona abakufihlile ngaphakathi.

53. Labo abakholwayo bayobe sebethi: "Ingabe yibona kanye laba abafunga bagomela ngo Allah ukuthi bakanye nani na?". Bheka ngoba imisebenzi yabo iyoshabalala babe ngabalahlekelwe.

وَيَقُولُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ أَهَٰٓؤُلَآءِ ٱلَّذِينَ أَقۡسَمُواْ بِٱللَّهِ جَهۡدَ أَيۡمَٰنِهِمۡ إِنَّهُمۡ لَمَعَكُمۡۚ حَبِطَتۡ أَعۡمَٰلُهُمۡ فَأَصۡبَحُواْ خَٰسِرِينَ ٥٣

54. Nina enikholwayo! Lowo oyohlubuka ukholo lwakhe kini, u Allah uyoletha abanye abantu abayomthanda futhi naYe abathande, bayozehlisa kwabanye abakholwayo, baziqinise kulabo abangakholwa, baphake impi endleleni ka Allah futhi bebe bengesabi kugxekwa muntu. Lowo umusa ka Allah awunika loyo amthandayo, ngokuba u Alla Ungongamele Onolwazi.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مَن يَرۡتَدَّ مِنكُمۡ عَن دِينِهِۦ فَسَوۡفَ يَأۡتِي ٱللَّهُ بِقَوۡمٖ يُحِبُّهُمۡ وَيُحِبُّونَهُۥٓ أَذِلَّةٍ عَلَى ٱلۡمُؤۡمِنِينَ أَعِزَّةٍ عَلَى ٱلۡكَٰفِرِينَ يُجَٰهِدُونَ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ وَلَا يَخَافُونَ لَوۡمَةَ لَآئِمٖۚ ذَٰلِكَ فَضۡلُ ٱللَّهِ يُؤۡتِيهِ مَن يَشَآءُۚ وَٱللَّهُ وَٰسِعٌ عَلِيمٌ ٥٤

55. Umngani wenu makube u Allah neSithunywa saKhe nalabo abakholwayo abaqikelela ukwenza iSwala bakhiphe neZaka bebe bekhothama.

إِنَّمَا وَلِيُّكُمُ ٱللَّهُ وَرَسُولُهُۥ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱلَّذِينَ يُقِيمُونَ ٱلصَّلَوٰةَ وَيُؤۡتُونَ ٱلزَّكَوٰةَ وَهُمۡ رَٰكِعُونَ ٥٥

56. Bheka ngoba lowo owenza u Allah neSithunywa saKhe kanye nalabo abakholwayo abangane bakhe, iqembu lika Allah lihlala linqoba.

وَمَن يَتَوَلَّ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ فَإِنَّ حِزۡبَ ٱللَّهِ هُمُ ٱلۡغَٰلِبُونَ ٥٦

57. Nina enikholwayo! Ningabenzi abangani benu labo abathatha ukholo lwenu njengohleko nomdlalo kulabo abanikwa iNcwadi ngaphambi kwenu nalabo abangakholwa; futhi nithobele u Allah uma ngempela ningabakholwayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَتَّخِذُواْ ٱلَّذِينَ ٱتَّخَذُواْ دِينَكُمۡ هُزُوٗا وَلَعِبٗا مِّنَ ٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلۡكِتَٰبَ مِن قَبۡلِكُمۡ وَٱلۡكُفَّارَ أَوۡلِيَآءَۚ وَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ إِن كُنتُم مُّؤۡمِنِينَ ٥٧

وَإِذَا نَادَيْتُمْ إِلَى ٱلصَّلَوٰةِ ٱتَّخَذُوهَا هُزُوًا وَلَعِبًا ۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ قَوْمٌ لَّا يَعْقِلُونَ ﴿٥٨﴾

58. Kuthi lapho uma nenza isimemezelo seSwala, bona basenze inhlekisa nomdlalo, lokho kungoba bengabantu abangaphusile.

قُلْ يَـٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَـٰبِ هَلْ تَنقِمُونَ مِنَّآ إِلَّآ أَنْ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ وَمَآ أُنزِلَ إِلَيْنَا وَمَآ أُنزِلَ مِن قَبْلُ وَأَنَّ أَكْثَرَكُمْ فَـٰسِقُونَ ﴿٥٩﴾

59. Yithi: "Nina beMibhalo, ingabe nisigxeka ngoba nje sikholwa ku Allah nakulokho asembulele kona nakulokho okwembulelwa ngaphambili, nanokuthi phela niyiziphulamthetho".

قُلْ هَلْ أُنَبِّئُكُم بِشَرٍّ مِّن ذَٰلِكَ مَثُوبَةً عِندَ ٱللَّهِ ۚ مَن لَّعَنَهُ ٱللَّهُ وَغَضِبَ عَلَيْهِ وَجَعَلَ مِنْهُمُ ٱلْقِرَدَةَ وَٱلْخَنَازِيرَ وَعَبَدَ ٱلطَّٰغُوتَ ۚ أُو۟لَـٰٓئِكَ شَرٌّ مَّكَانًا وَأَضَلُّ عَن سَوَآءِ ٱلسَّبِيلِ ﴿٦٠﴾

60. Yithi: "Ake nginazise ngokunomvuzo omubi kunalokho [ukusigxeka] ku Allah. Lowo oqalekiswe ngu Allah wathukuthelela wenza abanye babo izinkawu nezingulube futhi bakhonza izikhonzwa zeze, yibo kanye labo abayothola indawo embi futhi badukile endleleni eqondile.

وَإِذَا جَآءُوكُمْ قَالُوٓا۟ ءَامَنَّا وَقَد دَّخَلُوا۟ بِٱلْكُفْرِ وَهُمْ قَدْ خَرَجُوا۟ بِهِۦ ۚ وَٱللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا كَانُوا۟ يَكْتُمُونَ ﴿٦١﴾

61. Uma befika kini bathi siyakholwa, kepha empeleni bangene nokungakholwa baphinda baphuma nakho, futhi u Allah ukwazi kahle lokho abakugodlile.

وَتَرَىٰ كَثِيرًا مِّنْهُمْ يُسَـٰرِعُونَ فِى ٱلْإِثْمِ وَٱلْعُدْوَٰنِ وَأَكْلِهِمُ ٱلسُّحْتَ ۚ لَبِئْسَ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٦٢﴾

62. Iningi labo ulibona lingongqa phambili ekuphambukeni, ekuphuleni imithetho nasekudleni umcebo onqatshelwe; kwaze kwakubi lokhu abakwenzayo.

لَوْلَا يَنْهَىٰهُمُ ٱلرَّبَّٰنِيُّونَ وَٱلْأَحْبَارُ عَن قَوْلِهِمُ ٱلْإِثْمَ وَأَكْلِهِمُ ٱلسُّحْتَ ۚ لَبِئْسَ مَا كَانُوا۟ يَصْنَعُونَ ﴿٦٣﴾

63. Kungani amaRabayi namaHabari abo engabanqandi kulokukhuluma kwabo impambuko nokudla umcebo onqatshelwe; impela yimbi lento abayenzayo.

وَقَالَتِ ٱلْيَهُودُ يَدُ ٱللَّهِ مَغْلُولَةٌ ۚ غُلَّتْ أَيْدِيهِمْ وَلُعِنُوا۟ بِمَا قَالُوا۟ ۘ بَلْ يَدَاهُ مَبْسُوطَتَانِ يُنفِقُ كَيْفَ يَشَآءُ ۚ وَلَيَزِيدَنَّ كَثِيرًا مِّنْهُم مَّآ أُنزِلَ إِلَيْكَ مِن رَّبِّكَ طُغْيَٰنًا وَكُفْرًا ۚ وَأَلْقَيْنَا بَيْنَهُمُ ٱلْعَدَٰوَةَ وَٱلْبَغْضَآءَ إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْقِيَٰمَةِ ۚ كُلَّمَآ أَوْقَدُوا۟ نَارًا لِّلْحَرْبِ أَطْفَأَهَا ٱللَّهُ ۚ وَيَسْعَوْنَ فِى ٱلْأَرْضِ فَسَادًا ۚ وَٱللَّهُ لَا يُحِبُّ ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿٦٤﴾

64. Futhi amaJuda athi: "Isandla sika Allah siboshiwe (ungungoqo)", empeleni ezabo izandla eziboshiwe futhi baqalekisiwe ngalokho abakushoyo. Izandla zaKhe (u Allah) zivulekile, uphana ngokuthanda kwaKhe. Kantike lokhu okwembulelwe kuwe kuvela eNkosini yakho, iningi labo kubandisela ukuphambuka nokungakholwa[1]. Futhi sifake phakathi kwabo ubutha nenzondo kuze kube uSuku lokwaHlulelwa. Njalonje uma benza imizamo yokususa impi u Allah uyayinqanda. Futhi bayazikhandla ekwenzeni impambuko emhlabeni.

وَلَوْ أَنَّ أَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ ءَامَنُوا۟ وَٱتَّقَوْا۟ لَكَفَّرْنَا عَنْهُمْ سَيِّـَٔاتِهِمْ وَلَأَدْخَلْنَٰهُمْ جَنَّٰتِ ٱلنَّعِيمِ ﴿٦٥﴾

65. Uma nje laba eMibhalo bakholwa baphinde bathobela intando ka Allah, besizosula amacala abo bese sibafaka ezivandeni zentokomalo.

1 Lokhu kungenxa yenzondo amaJuda anayo nokubukela phansi ezinye izizwe nabanye abantu.

وَلَوْ أَنَّهُمْ أَقَامُوا۟ ٱلتَّوْرَىٰةَ وَٱلْإِنجِيلَ
وَمَآ أُنزِلَ إِلَيْهِم مِّن رَّبِّهِمْ لَأَكَلُوا۟
مِن فَوْقِهِمْ وَمِن تَحْتِ أَرْجُلِهِمْ ۚ مِّنْهُمْ
أُمَّةٌ مُّقْتَصِدَةٌ ۖ وَكَثِيرٌ مِّنْهُمْ سَآءَ مَا
يَعْمَلُونَ ﴿٦٦﴾

66. Ukuba nje balandela imiyalelo ye*Tora* ne-*Ininjili* kanye nakho konke okwembulelwa kubo kuvela eNkosini yabo, isondlo sabo besizoqhamuka ngaphezulu nangaphansi kwabo. Belu bakhona abantu kubo abaqotho, kepha baningi labo kubo abenza okubi.

* يَـٰٓأَيُّهَا ٱلرَّسُولُ بَلِّغْ مَآ أُنزِلَ إِلَيْكَ
مِن رَّبِّكَ ۖ وَإِن لَّمْ تَفْعَلْ فَمَا بَلَّغْتَ
رِسَالَتَهُۥ ۚ وَٱللَّهُ يَعْصِمُكَ مِنَ ٱلنَّاسِ ۗ إِنَّ
ٱللَّهَ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلْكَـٰفِرِينَ ﴿٦٧﴾

67. Sithunywa! Sabalalisa lokhu okwembulelwe kuwe kuvela eNkosini yakho, uma ungenzi njalo uyobe ungawusabalalisanga umlayezo wayo. Bheka ngoba u Allah uyokuvikela ebantwini, futhi u Allah akabahlengi abantu abangakholwa.

قُلْ يَـٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَـٰبِ لَسْتُمْ عَلَىٰ شَىْءٍ
حَتَّىٰ تُقِيمُوا۟ ٱلتَّوْرَىٰةَ وَٱلْإِنجِيلَ وَمَآ
أُنزِلَ إِلَيْكُم مِّن رَّبِّكُمْ ۗ وَلَيَزِيدَنَّ
كَثِيرًا مِّنْهُم مَّآ أُنزِلَ إِلَيْكَ مِن رَّبِّكَ
طُغْيَـٰنًا وَكُفْرًا ۖ فَلَا تَأْسَ عَلَى ٱلْقَوْمِ
ٱلْكَـٰفِرِينَ ﴿٦٨﴾

68. Yithi: "Nina beMibhalo! Aniyilutho kuze kube nilandela imiyalelo ye*Tora* ne-*Ininjili* nakho konke okwembulelwe kini kuvela eNkosini yenu". Kantike lokhu okwembulelwe kuwe kuvela eNkosini yakho, iningi labo kubandisela ukuphambuka nokungakholwa. Ngakhoke ungazikhathazi ngabantu abangakholwa.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَٱلَّذِينَ هَادُوا۟ وَٱلصَّـٰبِـُٔونَ
وَٱلنَّصَـٰرَىٰ مَنْ ءَامَنَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْـَٔاخِرِ
وَعَمِلَ صَـٰلِحًا فَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ
يَحْزَنُونَ ﴿٦٩﴾

69. Nembala labo abakholwayo nalabo abangamaJuda nalabo abangamaSabiya kanye nalabo abangama*Nasarina*, lowo ozokholwa ku Allah noSuku lokuGcina futhi enze okuhle, abayikuba nokusaba noma babe lusizi.

لَقَدْ أَخَذْنَا مِيثَٰقَ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ وَأَرْسَلْنَآ إِلَيْهِمْ رُسُلًا ۖ كُلَّمَا جَآءَهُمْ رَسُولٌۢ بِمَا لَا تَهْوَىٰٓ أَنفُسُهُمْ فَرِيقًا كَذَّبُوا۟ وَفَرِيقًا يَقْتُلُونَ ﴿٧٠﴾

70. Ngempela senza isibophezelo nesizwe sika *Isirayeli* saphinde sathumele kubo iZithunywa. Kwakuthi njalo uma kufika kubo iSithunywa nalokho abangakuthandi, ezinye babeziphika kuthi ezinye bazibulale.

وَحَسِبُوٓا۟ أَلَّا تَكُونَ فِتْنَةٌ فَعَمُوا۟ وَصَمُّوا۟ ثُمَّ تَابَ ٱللَّهُ عَلَيْهِمْ ثُمَّ عَمُوا۟ وَصَمُّوا۟ كَثِيرٌ مِّنْهُمْ ۚ وَٱللَّهُ بَصِيرٌۢ بِمَا يَعْمَلُونَ ﴿٧١﴾

71. Babecabanga ukuthi akuyikuba namthelela, base beqhubeka nobumpumputhe kanye nobumumu babo [bokushaya iqiniso indiva], kepha u Allah wabathethelela. Laphinda (emuva kwalokho) laqhubeka futhi iningi labo nobumpumputhe kanye nobumumu babo. U Allah ukuqhaphe konke abakwenzayo.

لَقَدْ كَفَرَ ٱلَّذِينَ قَالُوٓا۟ إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْمَسِيحُ ٱبْنُ مَرْيَمَ ۖ وَقَالَ ٱلْمَسِيحُ يَٰبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ رَبِّى وَرَبَّكُمْ ۖ إِنَّهُۥ مَن يُشْرِكْ بِٱللَّهِ فَقَدْ حَرَّمَ ٱللَّهُ عَلَيْهِ ٱلْجَنَّةَ وَمَأْوَىٰهُ ٱلنَّارُ ۖ وَمَا لِلظَّٰلِمِينَ مِنْ أَنصَارٍ ﴿٧٢﴾

72. Nebala abakholwa labo abathi, uMasihi indodana kaMariyamu ingu Allah. Bheka ngoba uMasishi wathi: "Sizwe sika-Isirayeli khonzani u Allah iNkosi yami neyenu, ngokuba lowo obhanqa u Allah, iJana uyinqatshelwe ngu Allah futhi uyophelela eMlilweni, kanti labo abaphambukile akekho oyobahlenga".

لَّقَدْ كَفَرَ ٱلَّذِينَ قَالُوٓا۟ إِنَّ ٱللَّهَ ثَالِثُ ثَلَٰثَةٍ ۘ وَمَا مِنْ إِلَٰهٍ إِلَّآ إِلَٰهٌ وَٰحِدٌ ۚ وَإِن لَّمْ يَنتَهُوا۟ عَمَّا يَقُولُونَ لَيَمَسَّنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِنْهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٧٣﴾

73. Futhi abakholwa labo abathi u Allah ungomunye wabathathu. Bheka ngoba akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle koyedwa vo. Umake bengaphezi

kulokhu abakushoyo, labo abangakholwa kubo bayothola isijeziso esibuhlungu.

74. Kungani bangazisoli ku Allah bacele intethelelo kuYe na, bheka ngoba u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

أَفَلَا يَتُوبُونَ إِلَى ٱللَّهِ وَيَسْتَغْفِرُونَهُۥ ۚ وَٱللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٧٤﴾

75. UMasihi indodana ka Mariyamu uyiSithunywa nje, ziningi iZithunywa ezafika ngaphambi kwakhe futhi unina wayeqotho, kanti bobabili babedla ukudla. Awubheke nje ukuthi sibacacisela kanjani imibiko bese uyabhekea ukuthi banhlanhlanthela kuphi.

مَّا ٱلْمَسِيحُ ٱبْنُ مَرْيَمَ إِلَّا رَسُولٌ قَدْ خَلَتْ مِن قَبْلِهِ ٱلرُّسُلُ وَأُمُّهُۥ صِدِّيقَةٌ ۖ كَانَا يَأْكُلَانِ ٱلطَّعَامَ ۗ ٱنظُرْ كَيْفَ نُبَيِّنُ لَهُمُ ٱلْآيَـٰتِ ثُمَّ ٱنظُرْ أَنَّىٰ يُؤْفَكُونَ ﴿٧٥﴾

76. Yithi: "Nikhonza kanjani ngaphandle kuka Allah lokho okungeke kwanilimaza noma kunisize ngalutho na, bheka ngoba u Allah nguyena Ozwa konke Owazi konke".

قُلْ أَتَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَا لَا يَمْلِكُ لَكُمْ ضَرًّا وَلَا نَفْعًا ۚ وَٱللَّهُ هُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٧٦﴾

77. Yithi: "Nina beMibhalo, musani ukweqa imikhawulo enkolweni yenu ngokungeqiniso, futhi ningalandeli izinkanuko zabantu abaduka ngaphambilini baphinde badukisa iningi, baduka endleleni eqondile.

قُلْ يَـٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَـٰبِ لَا تَغْلُوا۟ فِى دِينِكُمْ غَيْرَ ٱلْحَقِّ وَلَا تَتَّبِعُوٓا۟ أَهْوَآءَ قَوْمٍ قَدْ ضَلُّوا۟ مِن قَبْلُ وَأَضَلُّوا۟ كَثِيرًا وَضَلُّوا۟ عَن سَوَآءِ ٱلسَّبِيلِ ﴿٧٧﴾

78. Baqelikiswa labo abangakholwa esizweni sakwa-Isirayeli olimini luka Dawudi no-Isa ka Mariyamu, lokho kungenxa yokuthi babeyisa futhi bephula imithetho.

لُعِنَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِنۢ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ عَلَىٰ لِسَانِ دَاوُۥدَ وَعِيسَى ٱبْنِ مَرْيَمَ ۚ ذَٰلِكَ بِمَا عَصَوا۟ وَّكَانُوا۟ يَعْتَدُونَ ﴿٧٨﴾

كَانُواْ لَا يَتَنَاهَوۡنَ عَن مُّنكَرٖ فَعَلُوهُۚ لَبِئۡسَ مَا كَانُواْ يَفۡعَلُونَ ٧٩

79. Babenganqandani lapho benza okuphambukile, kwaze kwakubi lokho ababekwenza.

تَرَىٰ كَثِيرٗا مِّنۡهُمۡ يَتَوَلَّوۡنَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْۚ لَبِئۡسَ مَا قَدَّمَتۡ لَهُمۡ أَنفُسُهُمۡ أَن سَخِطَ ٱللَّهُ عَلَيۡهِمۡ وَفِي ٱلۡعَذَابِ هُمۡ خَٰلِدُونَ ٨٠

80. Uyobona iningi labo lizibandakanya nalabo abangakholwa, yaze yayimbi into abazithwese yona, ngokuba bazilethela ulaka luka Allah futhi bayojeziswa unaphakade.

وَلَوۡ كَانُواْ يُؤۡمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلنَّبِيِّ وَمَآ أُنزِلَ إِلَيۡهِ مَا ٱتَّخَذُوهُمۡ أَوۡلِيَآءَ وَلَٰكِنَّ كَثِيرٗا مِّنۡهُمۡ فَٰسِقُونَ ٨١

81. Ukube babekholelwa ku Allah neSithunywa nakulokho okwembulelwe kuso, bebengeke babenze (abangakholwa) abangani, kepha iningi labo liyiziphula mthetho.

* لَتَجِدَنَّ أَشَدَّ ٱلنَّاسِ عَدَٰوَةٗ لِّلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱلۡيَهُودَ وَٱلَّذِينَ أَشۡرَكُواْۖ وَلَتَجِدَنَّ أَقۡرَبَهُم مَّوَدَّةٗ لِّلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱلَّذِينَ قَالُوٓاْ إِنَّا نَصَٰرَىٰۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّ مِنۡهُمۡ قِسِّيسِينَ وَرُهۡبَانٗا وَأَنَّهُمۡ لَا يَسۡتَكۡبِرُونَ ٨٢

82. Uyofumanisa amaJuda namaMushiriki (labo ababhanqa u Allah) kuyibona abantu abazonda abakholwayo kakhulu. Kepha uyofumanisa labo abathi, 'SingamaNasarina' kuyibona abasondelene nabathanda abakholwayo. Lokho yingoba kubo kunabafundisi namaRahibana kanti futhi abazigqaji.

وَإِذَا سَمِعُواْ مَآ أُنزِلَ إِلَى ٱلرَّسُولِ تَرَىٰٓ أَعۡيُنَهُمۡ تَفِيضُ مِنَ ٱلدَّمۡعِ مِمَّا عَرَفُواْ مِنَ ٱلۡحَقِّۖ يَقُولُونَ رَبَّنَآ ءَامَنَّا فَٱكۡتُبۡنَا مَعَ ٱلشَّٰهِدِينَ ٨٣

83. Uma bezwa lokho okwembulelwe kuSithunywa [uMuhamadi], uzobona amehlo abo ekhihla izinyembezi ngenxa yeqiniso abalibonayo, bese bethi: "Nkosi yethu, siyakholwa ngakhoke sibhale kanye nalabo abafakazayo".

84. Futhi ikuphi okungasivimba na, ukuba singakholwa ku Allah nalokho okuyiqiniso okufika kithi futhi sinethemba lokhuthi iNkosi yethu iyosingenisa kanye nabantu abaqotho.

وَمَا لَنَا لَا نُؤْمِنُ بِٱللَّهِ وَمَا جَآءَنَا مِنَ ٱلْحَقِّ وَنَطْمَعُ أَن يُدْخِلَنَا رَبُّنَا مَعَ ٱلْقَوْمِ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٨٤﴾

85. U Allah wabe esebahlomulisa ngalokho abakusho izivande okugeleza enzansi kwazo imifula bayohlala kuzo unaphakade, yiwoke lowo umvuzo wabenzi bokuhle.

فَأَثَٰبَهُمُ ٱللَّهُ بِمَا قَالُوا۟ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۚ وَذَٰلِكَ جَزَآءُ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٨٥﴾

86. Kuthi labo abangakholwa abaphika imibiko yeThu, bona bayongena eMlilweni.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَكَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَآ أُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلْجَحِيمِ ﴿٨٦﴾

87. Nina enikholwayo! Ningazinqabeli lokho okumsulwa u Allah anivumele kona futhi ningeqi umthetho ngokuba u Allah akabathandi labo abeqa umthetho.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تُحَرِّمُوا۟ طَيِّبَٰتِ مَآ أَحَلَّ ٱللَّهُ لَكُمْ وَلَا تَعْتَدُوٓا۟ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ ٱلْمُعْتَدِينَ ﴿٨٧﴾

88. Futhi nidle kulokho u Allah anabele kona okuvunyelwe nokumsulwa; nithobele u Allah lona enikholelwa kuYe.

وَكُلُوا۟ مِمَّا رَزَقَكُمُ ٱللَّهُ حَلَٰلًا طَيِّبًا ۚ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ ٱلَّذِىٓ أَنتُم بِهِۦ مُؤْمِنُونَ ﴿٨٨﴾

89. U Allah akayikunibeka icala ngalokho okuyimbudane kuzifungo zenu, kepha uyonibeka icala ngalokho enihlosile ngezifungo. Inhlawulo yaso [kophula isifungo] ukupha ukudla ishumi labantu abampofu, ukudla okuyikona okujwayekile kubantu bakini

لَا يُؤَاخِذُكُمُ ٱللَّهُ بِٱللَّغْوِ فِىٓ أَيْمَٰنِكُمْ وَلَٰكِن يُؤَاخِذُكُم بِمَا عَقَّدتُّمُ ٱلْأَيْمَٰنَ ۖ فَكَفَّٰرَتُهُۥٓ إِطْعَامُ عَشَرَةِ مَسَٰكِينَ مِنْ أَوْسَطِ مَا تُطْعِمُونَ أَهْلِيكُمْ أَوْ كِسْوَتُهُمْ أَوْ تَحْرِيرُ رَقَبَةٍ ۖ فَمَن لَّمْ يَجِدْ فَصِيَامُ ثَلَٰثَةِ أَيَّامٍ ۚ

noma ukubapha izimpahla zokugqoka noma ukukhulula isigqila; kepha lowo ongenakho, makazile izinsuku ezintathu. Yiyoke leyo inhlawulo yezifungo zenu [kulabo abaziphulayo] uma niziphula. Ngakhoke fezani izifungo zenu; u Allah unicacisela kanjalo imibiko zaKhe ukuze nibonge.

ذَٰلِكَ كَفَّٰرَةُ أَيْمَٰنِكُمْ إِذَا حَلَفْتُمْ ۚ وَٱحْفَظُوٓا۟ أَيْمَٰنَكُمْ ۚ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمْ ءَايَٰتِهِۦ لَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿٨٩﴾

90. Nina enikholwayo! Nebala konke okudakayo nokugembula nokuhlabela izithixo nokuqagela ngemicibisholo kuwukungcola kwemisebenzi kaShayitani, ngakhoke kugwemeni ukuze niphumelele.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِنَّمَا ٱلْخَمْرُ وَٱلْمَيْسِرُ وَٱلْأَنصَابُ وَٱلْأَزْلَٰمُ رِجْسٌ مِّنْ عَمَلِ ٱلشَّيْطَٰنِ فَٱجْتَنِبُوهُ لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿٩٠﴾

91. UShayitani ufuna nje ukwakha ngokudakayo nangokugembula ubutha nezondo phakathi kwenu aphinde anivimbe ekukhumbuleni u Allah nokwenza iSwala; ingabe niyopheza na?

إِنَّمَا يُرِيدُ ٱلشَّيْطَٰنُ أَن يُوقِعَ بَيْنَكُمُ ٱلْعَدَٰوَةَ وَٱلْبَغْضَآءَ فِى ٱلْخَمْرِ وَٱلْمَيْسِرِ وَيَصُدَّكُمْ عَن ذِكْرِ ٱللَّهِ وَعَنِ ٱلصَّلَوٰةِ ۖ فَهَلْ أَنتُم مُّنتَهُونَ ﴿٩١﴾

92. Futhi lalelani u Allah nilalele neSithunywa niqhaphele, kepha uma nidikila, yazini ukuthi umsebenzi weSithunywa seThu ukudlulisa umlayezo ocacile.

وَأَطِيعُوا۟ ٱللَّهَ وَأَطِيعُوا۟ ٱلرَّسُولَ وَٱحْذَرُوا۟ ۚ فَإِن تَوَلَّيْتُمْ فَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّمَا عَلَىٰ رَسُولِنَا ٱلْبَلَٰغُ ٱلْمُبِينُ ﴿٩٢﴾

93. Abanacala labo abakholwayo abenza okuhle kulokho abakudlile [kokudakayo ngaphambilini] uma nje bebeqhubeka nokuthobela u Allah bakholwe benze okuhle baphinde bathobele u Allah

لَيْسَ عَلَى ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ جُنَاحٌ فِيمَا طَعِمُوٓا۟ إِذَا مَا ٱتَّقَوا۟ وَّءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ ثُمَّ ٱتَّقَوا۟ وَّءَامَنُوا۟ ثُمَّ ٱتَّقَوا۟ وَّأَحْسَنُوا۟ ۗ وَٱللَّهُ يُحِبُّ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٩٣﴾

bakholwe baphinde bathobele u Allah benze okuhle ngokuba u Allah uyabathanda abenzi bokuhle.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَيَبۡلُوَنَّكُمُ ٱللَّهُ بِشَيۡءٖ مِّنَ ٱلصَّيۡدِ تَنَالُهُۥٓ أَيۡدِيكُمۡ وَرِمَاحُكُمۡ لِيَعۡلَمَ ٱللَّهُ مَن يَخَافُهُۥ بِٱلۡغَيۡبِۚ فَمَنِ ٱعۡتَدَىٰ بَعۡدَ ذَٰلِكَ فَلَهُۥ عَذَابٌ أَلِيمٞ ٩٤

94. Nina enikholwayo! Nebala u Allah uyonivivinya ngokunye kwalokho enikuzingelayo ngezandla zenu nangemikhonto yenu; ukuze u Allah azi kahle labo abemesabayo nangasese. Lowo-ke ozophula umthetho emuva kwalokho uyothola isijeziso esibuhlungu.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَقۡتُلُواْ ٱلصَّيۡدَ وَأَنتُمۡ حُرُمٞۚ وَمَن قَتَلَهُۥ مِنكُم مُّتَعَمِّدٗا فَجَزَآءٞ مِّثۡلُ مَا قَتَلَ مِنَ ٱلنَّعَمِ يَحۡكُمُ بِهِۦ ذَوَا عَدۡلٖ مِّنكُمۡ هَدۡيَۢا بَٰلِغَ ٱلۡكَعۡبَةِ أَوۡ كَفَّٰرَةٞ طَعَامُ مَسَٰكِينَ أَوۡ عَدۡلُ ذَٰلِكَ صِيَامٗا لِّيَذُوقَ وَبَالَ أَمۡرِهِۦۗ عَفَا ٱللَّهُ عَمَّا سَلَفَۚ وَمَنۡ عَادَ فَيَنتَقِمُ ٱللَّهُ مِنۡهُۗ وَٱللَّهُ عَزِيزٞ ذُو ٱنتِقَامٖ ٩٥

95. Nina enikholwayo! Ningabulali silwane esizingelwayo uma nikwi-I*hiramu* [ye Umura noma iHaji]. Lowo oyosibulala kini ngenhloso, kumele asikhokhe ngesihlatshwayo [ikameli, inkomo, imbuzi, imvu] esilingana naso, esiyohlonzwa abantu ababili kini abaqotho, okumele siyohlatshelwa eKabha [eMakha]. Noma engahlawula ngokondla abampofu [baseMakha], noma azile izinsuku ezilingene abantu abampofu [obekumele abondle], ukuze phela avune izithelo zemsebenzi yakhe. Kepha lokho okwenzeka kudala u Allah ukuxolele. Kantike lowo ozophinda akwenze u Allah uzomjezisa ngokuba u Allah unguSomandla Ojezisanayo.

أُحِلَّ لَكُمْ صَيْدُ ٱلْبَحْرِ وَطَعَامُهُۥ
مَتَٰعًا لَّكُمْ وَلِلسَّيَّارَةِ ۖ وَحُرِّمَ عَلَيْكُمْ
صَيْدُ ٱلْبَرِّ مَا دُمْتُمْ حُرُمًا ۗ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ
ٱلَّذِىٓ إِلَيْهِ تُحْشَرُونَ ﴿٩٦﴾

96. Nivunyelwe ukuba nidobe izilwane zasolwandle futhi ningazitika nina kanye nezihambi ngokuzidla; kepha ninqatshelwe ukuzingela ezasendle uma nisase ku-*Ihiramu*. Ngakhoke thobelani u Allah lona eniyobuthaniswa kuYe.

* جَعَلَ ٱللَّهُ ٱلْكَعْبَةَ ٱلْبَيْتَ ٱلْحَرَامَ
قِيَٰمًا لِّلنَّاسِ وَٱلشَّهْرَ ٱلْحَرَامَ وَٱلْهَدْىَ
وَٱلْقَلَٰٓئِدَ ۚ ذَٰلِكَ لِتَعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ
مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ وَأَنَّ
ٱللَّهَ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿٩٧﴾

97. U Allah wenze iKabha okuyindlu ehloniphekile nezinyanga ezihlonishwayo [*Dhul-Ka'da, Dhul-Hija, Muharamu, Rajabu*] nezilwane zomhlatshelo nalezo ezinezimpawu ukuba zibe yisisekelo ebantwini; lokho ukuze nazi ukuthi u Allah wazi konke okusemazulwini nasemhlabeni nokuthi ngempela u Allah Wazi konke.

ٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ شَدِيدُ ٱلْعِقَابِ وَأَنَّ
ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٩٨﴾

98. Yazini ukuthi u Allah ujezisana kanzima nokuthi futhi Uyathethelela Unesihawu.

مَّا عَلَى ٱلرَّسُولِ إِلَّا ٱلْبَلَٰغُ ۗ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ مَا
تُبْدُونَ وَمَا تَكْتُمُونَ ﴿٩٩﴾

99. Umsebenzi weSithunywa ukudlulisa umlayezo kuphela. U Allah ukwazi kahle konke enikuveza obala nalokho enikugodlayo.

قُل لَّا يَسْتَوِى ٱلْخَبِيثُ وَٱلطَّيِّبُ وَلَوْ
أَعْجَبَكَ كَثْرَةُ ٱلْخَبِيثِ ۚ فَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ
يَٰٓأُو۟لِى ٱلْأَلْبَٰبِ لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿١٠٠﴾

100. Yithi: "Okungcolile nokumsulwa akusoze kwafana noma ngabe ubuningi bokungcola kukumangaza; ngakhoke thobelani u Allah nina enikhaliphile ukuze niphumelele.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَسۡـَٔلُواْ عَنۡ أَشۡيَآءَ إِن تُبۡدَ لَكُمۡ تَسُؤۡكُمۡ وَإِن تَسۡـَٔلُواْ عَنۡهَا حِينَ يُنَزَّلُ ٱلۡقُرۡءَانُ تُبۡدَ لَكُمۡ عَفَا ٱللَّهُ عَنۡهَاۗ وَٱللَّهُ غَفُورٌ حَلِيمٞ ١٠١

101. Nina enikholwayo, ningabuzi ngezinto okuyothi uma senicaciselwa ngazo ziniphathe kabi; uma nibuze ngazo lapho kwembulelwa iKurani niyocaciselwa, u Allah uziyekile, futhi u Allah Uyathethelela Unobubele.

قَدۡ سَأَلَهَا قَوۡمٞ مِّن قَبۡلِكُمۡ ثُمَّ أَصۡبَحُواْ بِهَا كَٰفِرِينَ ١٠٢

102. Abantu abanandulelayo babuza ngazo, kepha bagcina ngokuba abangakholwa ngenxa yazo.

مَا جَعَلَ ٱللَّهُ مِنۢ بَحِيرَةٖ وَلَا سَآئِبَةٖ وَلَا وَصِيلَةٖ وَلَا حَامٖ وَلَٰكِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ يَفۡتَرُونَ عَلَى ٱللَّهِ ٱلۡكَذِبَۖ وَأَكۡثَرُهُمۡ لَا يَعۡقِلُونَ ١٠٣

103. U Allah akazange abeke i*Bhahira* noma i*Sayibha* noma i*Waswila* noma i*Hamu*, kepha labo abangakholwa baqambela u Allah amanga, futhi baningi kubo abangaphusile.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمۡ تَعَالَوۡاْ إِلَىٰ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ وَإِلَى ٱلرَّسُولِ قَالُواْ حَسۡبُنَا مَا وَجَدۡنَا عَلَيۡهِ ءَابَآءَنَآۚ أَوَلَوۡ كَانَ ءَابَآؤُهُمۡ لَا يَعۡلَمُونَ شَيۡـٔٗا وَلَا يَهۡتَدُونَ ١٠٤

104. Uma kuthiwa kubo: "Wozani kulokho u Allah akwembulele nakuSithunywa" Bathi: "Kusanele lokhu esukuthole kwenziwa obabamkhulu bethu"; nakuba oyisemkhulu babengazi lutho futhi bengekho endleleni eqondile.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ عَلَيۡكُمۡ أَنفُسَكُمۡۖ لَا يَضُرُّكُم مَّن ضَلَّ إِذَا ٱهۡتَدَيۡتُمۡۚ إِلَى ٱللَّهِ مَرۡجِعُكُمۡ جَمِيعٗا فَيُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمۡ تَعۡمَلُونَ ١٠٥

105. Nina enikholwayo, zinakeni nina uqobo; lowo odukile akasoze anenza okubi uma nje nisendleleni eqondile; futhi niyobuyela nonke ku Allah bese enazisa ngakho konke ebenikwenza.

106. Nina enikholwayo, uma omunye wenu efikelwa ukufa efuna ukwaba ifa, makube nofakazi phakathi kwenu, kube amadoda amabili athembekile kini [enikholwayo] noma amabili avela kwabanye [abangakholwa]; lokhu kwenziwa uma nifikelwa umshophi wokufa nisendleleni. Uma ninokwengabaza, laba ababili kumele nibamise emuva kweSwala, bese befunga ngo Allah ukuthi: 'angeke neze sathengisa ngaso [isifungo] noma kungaba kusihlobo imbala futhi angeke sagodla ubufakazi buka Allah, funa sibe yiziphula mthetho'.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ شَهَـٰدَةُ بَيْنِكُمْ إِذَا حَضَرَ أَحَدَكُمُ ٱلْمَوْتُ حِينَ ٱلْوَصِيَّةِ ٱثْنَانِ ذَوَا عَدْلٍ مِّنكُمْ أَوْ ءَاخَرَانِ مِنْ غَيْرِكُمْ إِنْ أَنتُمْ ضَرَبْتُمْ فِى ٱلْأَرْضِ فَأَصَـٰبَتْكُم مُّصِيبَةُ ٱلْمَوْتِ ۚ تَحْبِسُونَهُمَا مِنۢ بَعْدِ ٱلصَّلَوٰةِ فَيُقْسِمَانِ بِٱللَّهِ إِنِ ٱرْتَبْتُمْ لَا نَشْتَرِى بِهِۦ ثَمَنًا وَلَوْ كَانَ ذَا قُرْبَىٰ وَلَا نَكْتُمُ شَهَـٰدَةَ ٱللَّهِ إِنَّآ إِذًا لَّمِنَ ٱلْـَٔاثِمِينَ ﴿١٠٦﴾

107. Kepha uma kufunyaniswa ukuba laba ababili abathembekile [nakuba sebefungile]; indawo yabo iyothathwa ababili abasondelene nomufi, nabo bafunge ngo Allah ukuthi: 'ubufakazi bethu buneqiniso ukundlula ubufakazi babo futhi angeke saphula umthetho, funa sibe ngabaphambukile.

فَإِنْ عُثِرَ عَلَىٰٓ أَنَّهُمَا ٱسْتَحَقَّآ إِثْمًا فَـَٔاخَرَانِ يَقُومَانِ مَقَامَهُمَا مِنَ ٱلَّذِينَ ٱسْتَحَقَّ عَلَيْهِمُ ٱلْأَوْلَيَـٰنِ فَيُقْسِمَانِ بِٱللَّهِ لَشَهَـٰدَتُنَآ أَحَقُّ مِن شَهَـٰدَتِهِمَا وَمَا ٱعْتَدَيْنَآ إِنَّآ إِذًا لَّمِنَ ٱلظَّـٰلِمِينَ ﴿١٠٧﴾

108. Lokho kuqinisekisa ukuthi bethule ubufakazi ngendlela efanele nokuthi besabe ukuthi kungahle kuchithwe ukufungwa kwabo emuva kokuba kwethuliwe kunikwe abanye. Ngakhoke thobelani u Allah nilalele ngokuba u Allah akababaholi abantu ababhula umthetho.

ذَٰلِكَ أَدْنَىٰٓ أَن يَأْتُوا۟ بِٱلشَّهَـٰدَةِ عَلَىٰ وَجْهِهَآ أَوْ يَخَافُوٓا۟ أَن تُرَدَّ أَيْمَـٰنٌۢ بَعْدَ أَيْمَـٰنِهِمْ ۗ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَٱسْمَعُوا۟ ۗ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلْفَـٰسِقِينَ ﴿١٠٨﴾

109. NgoSuku lapho u Allah eyobuthanisa khona iZithunywa, uyothi: "Namukelwa kanjani na?" Ziyothi: "Thina asazi lutho, nguWena kuphela oWazi okungabonwayo".

* يَوْمَ يَجْمَعُ ٱللَّهُ ٱلرُّسُلَ فَيَقُولُ مَاذَآ أُجِبْتُمْ ۖ قَالُوا۟ لَا عِلْمَ لَنَآ ۖ إِنَّكَ أَنتَ عَلَّٰمُ ٱلْغُيُوبِ ﴿١٠٩﴾

110. U Allah uyothi ku *Isa* indodana ka *Mariyamu*: "Khumbula izibusiso zaMi kuwe nakunyoko, mhla ngikusekela ngo*Ruhu-ul-Kudusi* [*uJibhira-ili*]. Ubukhuluma nabantu usasewuswana nalapho usumdala. Khumbula futhi ukuthi ngakufundisa ukubhala nobuhlakani neTora ne-Ininjili; wawubumba isiqu senyoni ngomhlabathi ngemvumo yaMi, usiphefumulele sibe inyoni ephilayo ngemvumo yaMi; ulapha impumputhe nalabo abanokufa besikhumba ngemvumo yaMi; uphinde futhi uvuse abafileyo ngemvumo yaMi. Ngakuvikela kusizwe sika-Isirayeli mhla ubalethelela izibonakaliso, bathi labo ababengakholwa kubo: "lobu ubuthakathi uqobo".

إِذْ قَالَ ٱللَّهُ يَٰعِيسَى ٱبْنَ مَرْيَمَ ٱذْكُرْ نِعْمَتِى عَلَيْكَ وَعَلَىٰ وَٰلِدَتِكَ إِذْ أَيَّدتُّكَ بِرُوحِ ٱلْقُدُسِ تُكَلِّمُ ٱلنَّاسَ فِى ٱلْمَهْدِ وَكَهْلًا ۖ وَإِذْ عَلَّمْتُكَ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْحِكْمَةَ وَٱلتَّوْرَىٰةَ وَٱلْإِنجِيلَ ۖ وَإِذْ تَخْلُقُ مِنَ ٱلطِّينِ كَهَيْـَٔةِ ٱلطَّيْرِ بِإِذْنِى فَتَنفُخُ فِيهَا فَتَكُونُ طَيْرًۢا بِإِذْنِى ۖ وَتُبْرِئُ ٱلْأَكْمَهَ وَٱلْأَبْرَصَ بِإِذْنِى ۖ وَإِذْ تُخْرِجُ ٱلْمَوْتَىٰ بِإِذْنِى ۖ وَإِذْ كَفَفْتُ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ عَنكَ إِذْ جِئْتَهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِنْهُمْ إِنْ هَٰذَآ إِلَّا سِحْرٌ مُّبِينٌ ﴿١١٠﴾

111. Futhi ukukhumbule ukuthi ngembulela kuma*Hawariya* [abalandeli baka Isa] ukuthi: "Kholelwani ku kiMi nakuSithunywa Sami!", Bathi: "Siyakholwa ngakhoke yiba ufakazi ukuthi sesingamaMusilimu".

وَإِذْ أَوْحَيْتُ إِلَى ٱلْحَوَارِيِّـۧنَ أَنْ ءَامِنُوا۟ بِى وَبِرَسُولِى ۖ قَالُوٓا۟ ءَامَنَّا وَٱشْهَدْ بِأَنَّنَا مُسْلِمُونَ ﴿١١١﴾

إِذْ قَالَ ٱلْحَوَارِيُّونَ يَٰعِيسَى ٱبْنَ مَرْيَمَ هَلْ يَسْتَطِيعُ رَبُّكَ أَن يُنَزِّلَ عَلَيْنَا مَآئِدَةً مِّنَ ٱلسَّمَآءِ ۖ قَالَ ٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١١٢﴾

112. Khumbula mhla ama*Hawariya* ethi: "Isa ndodana ka Mariyamu, ingabe iyakhona yini iNkosi yakho ukuba isehlisele itafula elivela ezulwini na?". Wathi: "Thobelani u Allah uma ngempela ningabakholwayo".

قَالُوا۟ نُرِيدُ أَن نَّأْكُلَ مِنْهَا وَتَطْمَئِنَّ قُلُوبُنَا وَنَعْلَمَ أَن قَدْ صَدَقْتَنَا وَنَكُونَ عَلَيْهَا مِنَ ٱلشَّٰهِدِينَ ﴿١١٣﴾

113. Bathi: "Sifuna nje ukudla kulo nokuthi-ke izinhliziyo zethu zaneliseke futhi sibe nesiqiniseko sokuthi ngempela usitshela iqiniso, belu siyofakaza ngalo."

قَالَ عِيسَى ٱبْنُ مَرْيَمَ ٱللَّهُمَّ رَبَّنَآ أَنزِلْ عَلَيْنَا مَآئِدَةً مِّنَ ٱلسَّمَآءِ تَكُونُ لَنَا عِيدًا لِّأَوَّلِنَا وَءَاخِرِنَا وَءَايَةً مِّنكَ ۖ وَٱرْزُقْنَا وَأَنتَ خَيْرُ ٱلرَّٰزِقِينَ ﴿١١٤﴾

114. U Isa indodana kaMariyamu wathi: "Allah, Nkosi yethu, ssehlisele itafula elivela ezulwini eliyoba idili kwabokuqala nabokugcina kiithi nophawu oluvela kuWe; futhi usondle ngokuba nguWe uMondli ongcono".

قَالَ ٱللَّهُ إِنِّى مُنَزِّلُهَا عَلَيْكُمْ ۖ فَمَن يَكْفُرْ بَعْدُ مِنكُمْ فَإِنِّىٓ أُعَذِّبُهُۥ عَذَابًا لَّآ أُعَذِّبُهُۥٓ أَحَدًا مِّنَ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١١٥﴾

115. U Allah wathi: "Ngizonehlisela lona, kepha lowo kini oyophika ukholo emuva kwalokho, ngiyomujezisa isijeziso engingakaze ngijezise namunye ngaso ezizweni.

وَإِذْ قَالَ ٱللَّهُ يَٰعِيسَى ٱبْنَ مَرْيَمَ ءَأَنتَ قُلْتَ لِلنَّاسِ ٱتَّخِذُونِى وَأُمِّىَ إِلَٰهَيْنِ مِن دُونِ ٱللَّهِ ۖ قَالَ سُبْحَٰنَكَ مَا يَكُونُ لِىٓ أَنْ أَقُولَ مَا لَيْسَ لِى بِحَقٍّ ۚ

116. Khumbula mhla u Allah eyothi: "We Isa ndodana kaMariyamu, ingabe nguwe yini lona owatshela abantu ukuthi, 'khonzani mina nomama wami ngaphandle kuka Allah',".

Uyothi: "Mawungcweliswe, anginalo igunya lokusho okungelona iqiniso; ukube ngakusho ngabe uyakwazi, ngokuba ukwazi konke okukimi kepha mina angikwazi lokho okukuWe; nebala wazi konke okungabonwayo.

إِن كُنتُ قُلْتُهُۥ فَقَدْ عَلِمْتَهُۥ ۚ تَعْلَمُ مَا فِى نَفْسِى وَلَآ أَعْلَمُ مَا فِى نَفْسِكَ ۚ إِنَّكَ أَنتَ عَلَّٰمُ ٱلْغُيُوبِ ﴿١١٦﴾

117. Ngabatshela nje lokho owangiyalela kona, ukuthi, 'khonzani u Allah iNkosi yami nani', futhi bengiwufakazi lapho ngisasenabo, kwathi usungithathile, kwaba nguwena obaqhaphile ngokuba Wena ubheke zonke izinto.

مَا قُلْتُ لَهُمْ إِلَّا مَآ أَمَرْتَنِى بِهِۦٓ أَنِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ رَبِّى وَرَبَّكُمْ ۚ وَكُنتُ عَلَيْهِمْ شَهِيدًا مَّا دُمْتُ فِيهِمْ ۖ فَلَمَّا تَوَفَّيْتَنِى كُنتَ أَنتَ ٱلرَّقِيبَ عَلَيْهِمْ ۚ وَأَنتَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ شَهِيدٌ ﴿١١٧﴾

118. Uma ubajezisa bayizinceku zakho, kanti uma ubathethelela, nebala unguSomandla oKhaliphile.

إِن تُعَذِّبْهُمْ فَإِنَّهُمْ عِبَادُكَ ۖ وَإِن تَغْفِرْ لَهُمْ فَإِنَّكَ أَنتَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿١١٨﴾

119. U Allah uyothi: "Lolu uSuku lapho abaneqiso bayozuza ngokuba kwabo neqiniso, bayothola izivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula, bahlale kuzo unaphakade. U Allah uthokozile ngabo futhi nabo bathokozile ngaYe. Iyonake leyo impumelelo enkulu.

قَالَ ٱللَّهُ هَٰذَا يَوْمُ يَنفَعُ ٱلصَّٰدِقِينَ صِدْقُهُمْ ۚ لَهُمْ جَنَّٰتٌ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدًا ۖ رَّضِىَ ٱللَّهُ عَنْهُمْ وَرَضُوا۟ عَنْهُ ۚ ذَٰلِكَ ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿١١٩﴾

120. Umbuso wamazulu nomhlaba nokuphakathi kwakho ungoka Allah, futhi unguMenzi wezinto zonke.

لِلَّهِ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا فِيهِنَّ ۚ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٢٠﴾

(6) SURA AN-AMU
IMFUYO

سُورَةُ الأَنعَامِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Udumo lungoluka Allah, lona owadala amazulu nomhlaba waphinde wadala ubumnyama nokukhanya; kepha labo abangakholwa benzela iNkosi yabo abalingani.

ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ وَجَعَلَ ٱلظُّلُمَٰتِ وَٱلنُّورَ ۖ ثُمَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بِرَبِّهِمْ يَعْدِلُونَ ﴿١﴾

2. Nguyena futhi onidalile nina ngomhlabathi wabe eseninqumela isikhathi enizosiphila, futhi isikhathi esibekiwe [sokwahlulelwa] saziwa nguYe. Kepha nina nisangabaza.

هُوَ ٱلَّذِى خَلَقَكُم مِّن طِينٍ ثُمَّ قَضَىٰٓ أَجَلًا ۖ وَأَجَلٌ مُّسَمًّى عِندَهُۥ ۖ ثُمَّ أَنتُمْ تَمْتَرُونَ ﴿٢﴾

3. Futhi ungu Allah emazulwini nasemhlabeni, wazi enikugodlayo nalokho enikubeka obala futhi wazi konke enikwenzayo.

وَهُوَ ٱللَّهُ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَفِى ٱلْأَرْضِ يَعْلَمُ سِرَّكُمْ وَجَهْرَكُمْ وَيَعْلَمُ مَا تَكْسِبُونَ ﴿٣﴾

4. Zonke izibonakaliso ezifika kubo [abangakholwa] zivela eNkosini yabo bazishaya indiva.

وَمَا تَأْتِيهِم مِّنْ ءَايَةٍ مِّنْ ءَايَٰتِ رَبِّهِمْ إِلَّا كَانُوا۟ عَنْهَا مُعْرِضِينَ ﴿٤﴾

5. Nebala bayaliphika iqiniso uma lifika kubo; kantike maduze nje bayozwa ngemivuzo yalokho ababehlekisa ngakho.

فَقَدْ كَذَّبُوا۟ بِٱلْحَقِّ لَمَّا جَآءَهُمْ ۖ فَسَوْفَ يَأْتِيهِمْ أَنۢبَٰٓؤُا۟ مَا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٥﴾

أَلَمْ يَرَوْا۟ كَمْ أَهْلَكْنَا مِن قَبْلِهِم مِّن
قَرْنٍ مَّكَّنَّٰهُمْ فِى ٱلْأَرْضِ مَا لَمْ نُمَكِّن
لَّكُمْ وَأَرْسَلْنَا ٱلسَّمَآءَ عَلَيْهِم مِّدْرَارًا
وَجَعَلْنَا ٱلْأَنْهَٰرَ تَجْرِى مِن تَحْتِهِمْ
فَأَهْلَكْنَٰهُم بِذُنُوبِهِمْ وَأَنشَأْنَا مِنۢ
بَعْدِهِمْ قَرْنًا ءَاخَرِينَ ٦

6. Ingabe ababoni ukuthi ziningi izizwe ezingaphambi kwabo esazibhubhisa esabe siziphe emhlabeni lokhu esinganiphanga kona. Sathumela imvula eningi kubo [uzamcolo], sagelezisa imifula ngaphansi kwabo [izikhukhula], kwabe sesiyababhubhisa njalo ngenxa yezimpambuko zabo. Sabeke sesiletha isizwe esinye emuva kwabo.

وَلَوْ نَزَّلْنَا عَلَيْكَ كِتَٰبًا فِى قِرْطَاسٍ
فَلَمَسُوهُ بِأَيْدِيهِمْ لَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟
إِنْ هَٰذَآ إِلَّا سِحْرٌ مُّبِينٌ ٧

7. Ukube sehlisela kuwe [Muhamadi] imibhalo esiqeshaneni, basithinte ngezandla zabo; laba abangakholwa bebezothi, 'lokhu ubuthakathi uqobo'.

وَقَالُوا۟ لَوْلَآ أُنزِلَ عَلَيْهِ مَلَكٌ ۖ وَلَوْ أَنزَلْنَا
مَلَكًا لَّقُضِىَ ٱلْأَمْرُ ثُمَّ لَا يُنظَرُونَ ٨

8. Futhi bathi: "Kungani kungalethwanga ingelosi naye na?". Ukube saletha ingelosi, bekuyokuba umnqamula juqu futhi bebengeke banikwe ithuba.

وَلَوْ جَعَلْنَٰهُ مَلَكًا لَّجَعَلْنَٰهُ رَجُلًا
وَلَلَبَسْنَا عَلَيْهِم مَّا يَلْبِسُونَ ٩

9. Futhi ukube senza iSithunywa kwaba ingelosi, besisosenza indoda [engumuntu] futhi besikwengeza kulokudideka abavele sebenakho[1].

1 Ukungakholwa kuSithunywa uMuhamadi ﷺ kubangelwe ukungahlaziyi kwabo ubufakazi obukhona obukhombisa ukuthi uyiSithunywa seqiniso. Kunalokho bavike ngezizathu ezingathi shu nezingenzi mqondo. Ngakhoke ukufika kwengelosi njengesithunywa akuyikwenza mehluko ekukholweni kwabo, kunalokho bayoqhubeka nokudideka kwabo okubavimbe ekukholweni kuSithunywa ﷺ kwasekuqaleni. Bheka ngoba ukufuna kwabo ingelosi akusikho ukuthi bafuna ukukholwa kepha kungenxa yokweyisa nokuzama ukwenza inhlekisa ngeSithunywa sika Allah.

10. Nebala kwahlekiswa ngeZithunywa ekwandulelayo; kepha labo ababezithathela phansi [iZithunywa] bahaqwa yilokho abahlekisa ngakho [isijeziso ababexwayiswa ngaso].

وَلَقَدِ ٱسْتُهْزِئَ بِرُسُلٍ مِّن قَبْلِكَ فَحَاقَ بِٱلَّذِينَ سَخِرُوا۟ مِنْهُم مَّا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿١٠﴾

11. Yithi: "Zulani emhlabeni, nizibonele ukuthi saba njani isiphetho salabo ababephika iqiniso".

قُلْ سِيرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ ثُمَّ ٱنظُرُوا۟ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلْمُكَذِّبِينَ ﴿١١﴾

12. Yithi: "Kungokukabani lokhu okusemazulwini nasemhlabeni na?". Yithi: "Kungokuka Allah!". Uziqokele ukuba nomusa – nakanjani uyonibuthanisa ngoSuku loKwahlulela olungengatshazwe. Labo abazilahlekisele yilabo abangakholwa.

قُل لِّمَن مَّا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ قُل لِّلَّهِ ۚ كَتَبَ عَلَىٰ نَفْسِهِ ٱلرَّحْمَةَ ۚ لَيَجْمَعَنَّكُمْ إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْقِيَٰمَةِ لَا رَيْبَ فِيهِ ۚ ٱلَّذِينَ خَسِرُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ فَهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿١٢﴾

13. Futhi konke okuzinzayo ebusuku nasemini kungokwaKhe, futhi Uzwa konke Wazi konke.

* وَلَهُۥ مَا سَكَنَ فِى ٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ ۚ وَهُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿١٣﴾

14. Yithi: "ngingamthatha kanjani na omunye njengomhlengi wami ngaphandle kuka Allah onguMsunguli wamazulu nomhlaba futhi nguYena owondlayo ongondliwa?". Yithi: "Ngiyalelwe ukuba ngibe owokuqala oba yiMusilimu", futhi ungabi omunye wababhanqa u Allah.

قُلْ أَغَيْرَ ٱللَّهِ أَتَّخِذُ وَلِيًّا فَاطِرِ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَهُوَ يُطْعِمُ وَلَا يُطْعَمُ ۗ قُلْ إِنِّىٓ أُمِرْتُ أَنْ أَكُونَ أَوَّلَ مَنْ أَسْلَمَ ۖ وَلَا تَكُونَنَّ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿١٤﴾

15. Yithi: "Ngesaba isijeziso soSuku olukhulu uma ngephule imithetho yeNkosi yami".

قُلْ إِنِّىٓ أَخَافُ إِنْ عَصَيْتُ رَبِّى عَذَابَ يَوْمٍ عَظِيمٍ ﴿١٥﴾

16. Lowo oyohlengwa kuso ngaloloSuku uyobe [u Allah] emenzele umusa, futhi iyona leyo impumelelo ecacile.

مَّن يُصْرَفْ عَنْهُ يَوْمَئِذٍ فَقَدْ رَحِمَهُۥ ۚ وَذَٰلِكَ ٱلْفَوْزُ ٱلْمُبِينُ ﴿١٦﴾

17. Uma u Allah ekwehlisela ubunzima akekho oyobususa ngaphandle kwaKhe, nakanjalo uma ekwehlisela okuhle, ngokuba Yena ungumenzi wezinto zonke.

وَإِن يَمْسَسْكَ ٱللَّهُ بِضُرٍّ فَلَا كَاشِفَ لَهُۥٓ إِلَّا هُوَ ۖ وَإِن يَمْسَسْكَ بِخَيْرٍ فَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٧﴾

18. Futhi nguYena onguMlawuli phezu kwezinceku zaKhe; futhi Ungokhaliphile Owazi konke.

وَهُوَ ٱلْقَاهِرُ فَوْقَ عِبَادِهِۦ ۚ وَهُوَ ٱلْحَكِيمُ ٱلْخَبِيرُ ﴿١٨﴾

19. Yithi: "Iyona yiphi into ewubufakazi obuqanda ikhanda na?". Yithi: "Ngu Allah, nguYena ufakazi phakathi kwami nani. Futhi ngembulelwe leKurani ukuze nginikhalime ngayo kanye nalabo eyofinyelela kubo. Ingabe nifakazela ukuthi u Allah unezinye izikhonza na?". Yithi: "Angikufakazeli lokho". Yithi: "Nguyena yedwa vo okumele akhonzwe futhi mina angihlangene nalokho enikubhanqayo".

قُلْ أَىُّ شَىْءٍ أَكْبَرُ شَهَٰدَةً ۖ قُلِ ٱللَّهُ ۖ شَهِيدٌۢ بَيْنِى وَبَيْنَكُمْ ۚ وَأُوحِىَ إِلَىَّ هَٰذَا ٱلْقُرْءَانُ لِأُنذِرَكُم بِهِۦ وَمَنۢ بَلَغَ ۚ أَئِنَّكُمْ لَتَشْهَدُونَ أَنَّ مَعَ ٱللَّهِ ءَالِهَةً أُخْرَىٰ ۚ قُل لَّآ أَشْهَدُ ۚ قُلْ إِنَّمَا هُوَ إِلَٰهٌ وَٰحِدٌ وَإِنَّنِى بَرِىٓءٌ مِّمَّا تُشْرِكُونَ ﴿١٩﴾

20. Labo esabanika iNcwadi bamazi [uMuhamadi] njengoba bazi izingane zabo. Labo abazilahlekisele, yilabo abangakholwa.

ٱلَّذِينَ ءَاتَيْنَٰهُمُ ٱلْكِتَٰبَ يَعْرِفُونَهُۥ كَمَا يَعْرِفُونَ أَبْنَآءَهُمُ ۘ ٱلَّذِينَ خَسِرُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ فَهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿٢٠﴾

21. Ngubani ophambuke kunalowo oqamba amanga ngo Allah noma ophika imibiko zaKhe na? Nebala [u Allah] akabaphumelelisi abaphambukile.

وَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّنِ ٱفْتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا أَوْ كَذَّبَ بِـَٔايَـٰتِهِۦٓ ۚ إِنَّهُۥ لَا يُفْلِحُ ٱلظَّـٰلِمُونَ ﴿٢١﴾

22. Futhi ngosuku lapho esiyobabuthanisa khona bonke, siyothi kulabo ababhanqayo: "Ziphi lezimbangi zenu ebenikade nizihlonzile na?"

وَيَوْمَ نَحْشُرُهُمْ جَمِيعًا ثُمَّ نَقُولُ لِلَّذِينَ أَشْرَكُوٓا۟ أَيْنَ شُرَكَآؤُكُمُ ٱلَّذِينَ كُنتُمْ تَزْعُمُونَ ﴿٢٢﴾

23. Kepha bayovika nje ngokuthi: "Siyafunga Nkosi yethu asikaze sikubhanqe."

ثُمَّ لَمْ تَكُن فِتْنَتُهُمْ إِلَّآ أَن قَالُوا۟ وَٱللَّهِ رَبِّنَا مَا كُنَّا مُشْرِكِينَ ﴿٢٣﴾

24. Bheka ukuthi baziqambela kanjani amanga; futhi kubadukele lokhu ababekade beziqokele kona.

ٱنظُرْ كَيْفَ كَذَبُوا۟ عَلَىٰٓ أَنفُسِهِمْ ۚ وَضَلَّ عَنْهُم مَّا كَانُوا۟ يَفْتَرُونَ ﴿٢٤﴾

25. Kunalabo kubo [kwabangakholwa] abakulalelayo [lapho ufunda iKurani], kepha simboze izinhliziyo zabo ukuba ziyiqonde kanti nasezindlebeni zabo kunobuthulu. Yingakho nje uma befika kuwe bephikisana nawe, bathi labo abangakholwa: "Lokhu nje izinganekwane zasendulo".

وَمِنْهُم مَّن يَسْتَمِعُ إِلَيْكَ ۖ وَجَعَلْنَا عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ أَكِنَّةً أَن يَفْقَهُوهُ وَفِىٓ ءَاذَانِهِمْ وَقْرًا ۚ وَإِن يَرَوْا۟ كُلَّ ءَايَةٍ لَّا يُؤْمِنُوا۟ بِهَا ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءُوكَ يُجَـٰدِلُونَكَ يَقُولُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ إِنْ هَـٰذَآ إِلَّآ أَسَـٰطِيرُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٢٥﴾

26. Futhi banqanda abanye [abantu] kuyo [iKurani], kanti nabo bayaqelisa kuyo. Belu bazibhubhisa bona uqobo, kepha ababoni.

وَهُمْ يَنْهَوْنَ عَنْهُ وَيَنْـَٔوْنَ عَنْهُ ۖ وَإِن يُهْلِكُونَ إِلَّآ أَنفُسَهُمْ وَمَا يَشْعُرُونَ ﴿٢٦﴾

27. Ukube ubungabona lapho sebemiswe emlilweni, sebethi: "Sifisa engabe singabuyiselwa emuva [emhlabeni], singabe sisaphika imibiko yeNkosi yethu kepha sibe ngabakholwayo".

وَلَوْ تَرَىٰٓ إِذْ وُقِفُوا۟ عَلَى ٱلنَّارِ فَقَالُوا۟ يَٰلَيْتَنَا نُرَدُّ وَلَا نُكَذِّبَ بِـَٔايَٰتِ رَبِّنَا وَنَكُونَ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٢٧﴾

28. Empeleni sekusobala lokho ababekufihlile phambilini. Futhi uma bebengabuyiselwa emuva bebezobuyela kulokho ababenqatshelwe kona, ngokuba banamanga.

بَلْ بَدَا لَهُم مَّا كَانُوا۟ يُخْفُونَ مِن قَبْلُ ۖ وَلَوْ رُدُّوا۟ لَعَادُوا۟ لِمَا نُهُوا۟ عَنْهُ وَإِنَّهُمْ لَكَٰذِبُونَ ﴿٢٨﴾

29. Bathi: "Impilo yethu isemhlabeni nje kuphela, asisoze savuswa".

وَقَالُوٓا۟ إِنْ هِىَ إِلَّا حَيَاتُنَا ٱلدُّنْيَا وَمَا نَحْنُ بِمَبْعُوثِينَ ﴿٢٩﴾

30. Ukube ubungabona lapho sebemiswe ngaphambi kweNkosi yabo; iyothi: "Ingabe lokhu akusilona iqiniso na?". Bayothi: "Kunjalo Nkosi yethu ilona". Iyothi: "Ngakhoke zizweleni isijeziso ngenxa yokungakholwa".

وَلَوْ تَرَىٰٓ إِذْ وُقِفُوا۟ عَلَىٰ رَبِّهِمْ ۚ قَالَ أَلَيْسَ هَٰذَا بِٱلْحَقِّ ۚ قَالُوا۟ بَلَىٰ وَرَبِّنَا ۚ قَالَ فَذُوقُوا۟ ٱلْعَذَابَ بِمَا كُنتُمْ تَكْفُرُونَ ﴿٣٠﴾

31. Nebala balahlekelwe labo abathatha ukuhlangana no Allah njengamanga; kuze kube yilapho beficwa iSikhathi bengazelele, bayothi: "Saze salahlekelwa ngalokho esibe nobudedengu kukho". Futhi bayothwala amacala abo emihlane yabo, kwaze kwakubi lokhu abekwethwele.

قَدْ خَسِرَ ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ بِلِقَآءِ ٱللَّهِ ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءَتْهُمُ ٱلسَّاعَةُ بَغْتَةً قَالُوا۟ يَٰحَسْرَتَنَا عَلَىٰ مَا فَرَّطْنَا فِيهَا وَهُمْ يَحْمِلُونَ أَوْزَارَهُمْ عَلَىٰ ظُهُورِهِمْ ۚ أَلَا سَآءَ مَا يَزِرُونَ ﴿٣١﴾

32. Impilo yalomhlaba iwumdlalo nokuchitha isikhathi; kepha umuzi wakwelizayo yiwona ongcono kulabo abathobela u Allah. Ingabe abaqondi na?

وَمَا ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَآ إِلَّا لَعِبٌ وَلَهْوٌ ۖ وَلَلدَّارُ ٱلْءَاخِرَةُ خَيْرٌ لِّلَّذِينَ يَتَّقُونَ ۚ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٣٢﴾

33. Nebala, siyazi ukuthi kukuphatha kabi lokhu abakushoyo; empeleleni abaphikisi wena kunalokho bangabaphambukile abaphika imibiko zika Allah.

قَدْ نَعْلَمُ إِنَّهُۥ لَيَحْزُنُكَ ٱلَّذِى يَقُولُونَ ۖ فَإِنَّهُمْ لَا يُكَذِّبُونَكَ وَلَٰكِنَّ ٱلظَّٰلِمِينَ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ يَجْحَدُونَ ﴿٣٣﴾

34. Belu iZithunywa ezikwandulelayo zaphikiswa, kepha zabekezela kulokho ezazikuphikiswa futhi zathweswa kanzima kwaze kwafika usizo lweThu. Futhi akekho oyoguqula izinqumo zika Allah. Kantike izindaba zeZithunywa usuzitholile.

وَلَقَدْ كُذِّبَتْ رُسُلٌ مِّن قَبْلِكَ فَصَبَرُوا۟ عَلَىٰ مَا كُذِّبُوا۟ وَأُوذُوا۟ حَتَّىٰٓ أَتَىٰهُمْ نَصْرُنَا ۚ وَلَا مُبَدِّلَ لِكَلِمَٰتِ ٱللَّهِ ۚ وَلَقَدْ جَآءَكَ مِن نَّبَإِى۟ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿٣٤﴾

35. Uma ukuphika kwabo kunzima kuwe; thungatha imbobo emhlabeni noma isitebhisi esiya ezulwini uma ukhona, ukuze ubalethele isibonakaliso. Ukube u Allah ubethanda wayezobaqoqela bonke endleni eqondile, ngakhoke ungabi ngomunye wabayiziwula.

وَإِن كَانَ كَبُرَ عَلَيْكَ إِعْرَاضُهُمْ فَإِنِ ٱسْتَطَعْتَ أَن تَبْتَغِىَ نَفَقًا فِى ٱلْأَرْضِ أَوْ سُلَّمًا فِى ٱلسَّمَآءِ فَتَأْتِيَهُم بِـَٔايَةٍ ۚ وَلَوْ شَآءَ ٱللَّهُ لَجَمَعَهُمْ عَلَى ٱلْهُدَىٰ ۚ فَلَا تَكُونَنَّ مِنَ ٱلْجَٰهِلِينَ ﴿٣٥﴾

36. Labo abezwayo yibona kuphela abayokwamukela [lokho okufundisayo]; futhi labo abafile u Allah uyobavusa bese bebuyela kuYe.

* إِنَّمَا يَسْتَجِيبُ ٱلَّذِينَ يَسْمَعُونَ ۘ وَٱلْمَوْتَىٰ يَبْعَثُهُمُ ٱللَّهُ ثُمَّ إِلَيْهِ يُرْجَعُونَ ﴿٣٦﴾

37. Futhi bathi: "Kungani engehliselwanga isibonakaliso esivela eNkosini yakhe na?". Yithi: "Nebala u Allah uyakwazi ukwehlisela kuye isibonakaliso, kepha iningi labo alazi".

وَقَالُواْ لَوۡلَا نُزِّلَ عَلَيۡهِ ءَايَةٞ مِّن رَّبِّهِۦۚ قُلۡ إِنَّ ٱللَّهَ قَادِرٌ عَلَىٰٓ أَن يُنَزِّلَ ءَايَةٗ وَلَٰكِنَّ أَكۡثَرَهُمۡ لَا يَعۡلَمُونَ ٣٧

38. Zonke izilwane ezihamba emhlabeni nezinyo ezindiza ngezimpiko zazo, ziyizizwe njengani. Futhi akukho esingakuqophanga eNcwadini [uQwembe Oluvikelwe]. Belu bayobuyela eNkosini yabo.

وَمَا مِن دَآبَّةٖ فِي ٱلۡأَرۡضِ وَلَا طَٰٓئِرٖ يَطِيرُ بِجَنَاحَيۡهِ إِلَّآ أُمَمٌ أَمۡثَالُكُمۚ مَّا فَرَّطۡنَا فِي ٱلۡكِتَٰبِ مِن شَيۡءٖۚ ثُمَّ إِلَىٰ رَبِّهِمۡ يُحۡشَرُونَ ٣٨

39. Labo abaphika imibiko zeThu bayizithulu nezimungulu banhanhlatha ebumnyameni. Bheka ngoba u Allah udukisa amthandayo aphinde amthandayo endleleni eqondile.

وَٱلَّذِينَ كَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا صُمّٞ وَبُكۡمٞ فِي ٱلظُّلُمَٰتِۗ مَن يَشَإِ ٱللَّهُ يُضۡلِلۡهُ وَمَن يَشَأۡ يَجۡعَلۡهُ عَلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٖ ٣٩

40. Yithi: "Akenisho, uma ningafikelwa isijeziso sika Allah noma nifikelwe iSikhathi [sokububha komhlaba], ingabe niyokhuleka kwabanye ngaphandle kuka Allah na, uma ngempela ninqiniso".

قُلۡ أَرَءَيۡتَكُمۡ إِنۡ أَتَىٰكُمۡ عَذَابُ ٱللَّهِ أَوۡ أَتَتۡكُمُ ٱلسَّاعَةُ أَغَيۡرَ ٱللَّهِ تَدۡعُونَ إِن كُنتُمۡ صَٰدِقِينَ ٤٠

41. Empeleni niyokhuleka kuYe kuphela, bese enitakula – uma ethanda - kulokho enikhuleke ngakho, nikukhohlwe-ke lokhu ebenikubhanqa.

بَلۡ إِيَّاهُ تَدۡعُونَ فَيَكۡشِفُ مَا تَدۡعُونَ إِلَيۡهِ إِن شَآءَ وَتَنسَوۡنَ مَا تُشۡرِكُونَ ٤١

42. Nebala sathumela ezizweni iZithunywa ngaphambi kwakho, sabe sesibavivinya ngobuphuya nezifo ukuze bazithobe.

وَلَقَدۡ أَرۡسَلۡنَآ إِلَىٰٓ أُمَمٖ مِّن قَبۡلِكَ فَأَخَذۡنَٰهُم بِٱلۡبَأۡسَآءِ وَٱلضَّرَّآءِ لَعَلَّهُمۡ يَتَضَرَّعُونَ ٤٢

فَلَوْلَآ إِذْ جَآءَهُم بَأْسُنَا تَضَرَّعُواْ وَلَٰكِن قَسَتْ قُلُوبُهُمْ وَزَيَّنَ لَهُمُ ٱلشَّيْطَٰنُ مَا كَانُواْ يَعْمَلُونَ ﴿٤٣﴾

43. Kwakumele nje bazithobe [labo abangakholwa] mhla kufika isivivinyo seThu; kepha izinhliziyo zabo zaba lukhuni noShayitani wabenza bakubona kuhle lokhu ababekwenza.

فَلَمَّا نَسُواْ مَا ذُكِّرُواْ بِهِۦ فَتَحْنَا عَلَيْهِمْ أَبْوَٰبَ كُلِّ شَىْءٍ حَتَّىٰٓ إِذَا فَرِحُواْ بِمَآ أُوتُوٓاْ أَخَذْنَٰهُم بَغْتَةً فَإِذَا هُم مُّبْلِسُونَ ﴿٤٤﴾

44. Kwathi lapho sebekhohlwe yilokho ababeyalelwe kona, sabavulela iminyango yazo zonke izinto, baze bazigqaja ngalokho abanikwe kona, sabe sesibajezisa bengazelele, baphithana.

فَقُطِعَ دَابِرُ ٱلْقَوْمِ ٱلَّذِينَ ظَلَمُواْ ۚ وَٱلْحَمْدُ لِلَّهِ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٤٥﴾

45. Babhujiswa labo bantu ababephambukile; uDumo lungoluka Allah iNkosi yezizwe zonke.

قُلْ أَرَءَيْتُمْ إِنْ أَخَذَ ٱللَّهُ سَمْعَكُمْ وَأَبْصَٰرَكُمْ وَخَتَمَ عَلَىٰ قُلُوبِكُم مَّنْ إِلَٰهٌ غَيْرُ ٱللَّهِ يَأْتِيكُم بِهِۦ ۗ ٱنظُرْ كَيْفَ نُصَرِّفُ ٱلْءَايَٰتِ ثُمَّ هُمْ يَصْدِفُونَ ﴿٤٦﴾

46. Yithi: "Akenisho, uma u Allah enganiphuca ukuzwa kwenu nokubona kwenu aphinde amboze izinhliziyo zenu, ngubani kulaba abakhonzwayo abayokhona ukunibuyisela kona ngaphandle kuka Allah na?". Awubheke nje ukuthi sibahlaziyela kanjani ubufakazi kepha bona bakushaya indiva.

قُلْ أَرَءَيْتَكُمْ إِنْ أَتَىٰكُمْ عَذَابُ ٱللَّهِ بَغْتَةً أَوْ جَهْرَةً هَلْ يُهْلَكُ إِلَّا ٱلْقَوْمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ﴿٤٧﴾

47. Yithi: "Akenisho, uma nifikelwa isijeziso sika Allah ningazelele noma mathupha, ingabe ubani oyobhujiswa ngaphandle kwalabo abaphambukile na?"

48. Sithumele iZithunywa ukuba zethule izindaba ezinhle ziphinde zixwayise. Ngakhoke lowo okholwayo futhi enze okuhle, akayikusaba futhi akayikuba lusizi.

وَمَا نُرۡسِلُ ٱلۡمُرۡسَلِينَ إِلَّا مُبَشِّرِينَ وَمُنذِرِينَۖ فَمَنۡ ءَامَنَ وَأَصۡلَحَ فَلَا خَوۡفٌ عَلَيۡهِمۡ وَلَا هُمۡ يَحۡزَنُونَ ﴿٤٨﴾

49. Kepha labo abaphika izimbulo zethu, bayotholwa isijeziso ngenxa yokuphula kwabo umthetho.

وَٱلَّذِينَ كَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا يَمَسُّهُمُ ٱلۡعَذَابُ بِمَا كَانُواْ يَفۡسُقُونَ ﴿٤٩﴾

50. Yithi: "Angisho kini ukuthi nginemicebo ka Allah noma ngazi lokho okungabonwayo futhi angisho kini ukuthi ngiyingelosi, kuphela nje ngilandela lokho okwembulelwa kimi". Yithi: "Ingabe impumputhe iyefana nobonayo na, kungani ningacabangisisi na?"

قُل لَّآ أَقُولُ لَكُمۡ عِندِي خَزَآئِنُ ٱللَّهِ وَلَآ أَعۡلَمُ ٱلۡغَيۡبَ وَلَآ أَقُولُ لَكُمۡ إِنِّي مَلَكٌۖ إِنۡ أَتَّبِعُ إِلَّا مَا يُوحَىٰٓ إِلَيَّۚ قُلۡ هَلۡ يَسۡتَوِي ٱلۡأَعۡمَىٰ وَٱلۡبَصِيرُۚ أَفَلَا تَتَفَكَّرُونَ ﴿٥٠﴾

51. Yexwayisa ngayo [iKurani] labo abesaba ukuba bayovuselwa eNkosini yabo hleze bathobele u Allah, bheka ngoba ngaphandle kwaKhe abanamhlengi noma umkhulumeli.

وَأَنذِرۡ بِهِ ٱلَّذِينَ يَخَافُونَ أَن يُحۡشَرُوٓاْ إِلَىٰ رَبِّهِمۡ لَيۡسَ لَهُم مِّن دُونِهِۦ وَلِيٌّ وَلَا شَفِيعٌ لَّعَلَّهُمۡ يَتَّقُونَ ﴿٥١﴾

52. Futhi ungabaxoshi labo abakhuleka eNkosini yabo ekuseni nantambama befuna ukuyithokozisa. Akusiwo umsebenzi wakho ukubahlulela futhi akusiwo umsebenzi wabo ukwehlulela, funa ubaxoshe bese uba ngomunye wabaphambukile.

وَلَا تَطۡرُدِ ٱلَّذِينَ يَدۡعُونَ رَبَّهُم بِٱلۡغَدَوٰةِ وَٱلۡعَشِيِّ يُرِيدُونَ وَجۡهَهُۥۖ مَا عَلَيۡكَ مِنۡ حِسَابِهِم مِّن شَيۡءٖ وَمَا مِنۡ حِسَابِكَ عَلَيۡهِم مِّن شَيۡءٖ فَتَطۡرُدَهُمۡ فَتَكُونَ مِنَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٥٢﴾

53. Sibavivinya kanjalo abanye babo ngabanye ukuze bathi: "u Allah angabusa laba ngaphakathi kwethu na?"[1]. Ingabe akusiyena yini u Allah obazi kangcono ababongayo na?

وَكَذَٰلِكَ فَتَنَّا بَعۡضَهُم بِبَعۡضٖ لِّيَقُولُوٓاْ أَهَٰٓؤُلَآءِ مَنَّ ٱللَّهُ عَلَيۡهِم مِّنۢ بَيۡنِنَآۗ أَلَيۡسَ ٱللَّهُ بِأَعۡلَمَ بِٱلشَّٰكِرِينَ ٥٣

54. Uma labo abakholelwa kuzambulo zethu beza kuwe, Yithi: "Ukuthula makube kini; iNkosi yenu iziqokele umusa, owukuthi uma umuntu enza okubi ngenxa yokungazi bese ezisola emuva kwalokho enze okuhle, nakanjani u Allah Ungothethelelayo Onesihawu".

وَإِذَا جَآءَكَ ٱلَّذِينَ يُؤۡمِنُونَ بِـَٔايَٰتِنَا فَقُلۡ سَلَٰمٌ عَلَيۡكُمۡ كَتَبَ رَبُّكُمۡ عَلَىٰ نَفۡسِهِ ٱلرَّحۡمَةَ أَنَّهُۥ مَنۡ عَمِلَ مِنكُمۡ سُوٓءَۢا بِجَهَٰلَةٖ ثُمَّ تَابَ مِنۢ بَعۡدِهِۦ وَأَصۡلَحَ فَأَنَّهُۥ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ٥٤

55. Sizicacisa kanjalo imibiko ukuze icace bha indlela yezigilamkhuba.

وَكَذَٰلِكَ نُفَصِّلُ ٱلۡأٓيَٰتِ وَلِتَسۡتَبِينَ سَبِيلُ ٱلۡمُجۡرِمِينَ ٥٥

56. Yithi: "Nginqatshelwe ukukhonza lokhu enikhonzayo ngaphandle kuka Allah". Yithi: "Angilandeli izinkanuko zenu, funa ngiduke ngibe ngolahlekile".

قُلۡ إِنِّي نُهِيتُ أَنۡ أَعۡبُدَ ٱلَّذِينَ تَدۡعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِۚ قُل لَّآ أَتَّبِعُ أَهۡوَآءَكُمۡ قَدۡ ضَلَلۡتُ إِذٗا وَمَآ أَنَا۠ مِنَ ٱلۡمُهۡتَدِينَ ٥٦

57. Yithi: "Nginobufakazi obuvela eNkosini yami kepha nina niyabuphika; anginakho lokhu enikujahile. Phela izinqumo zithathwa ngu Allah kuphela, unilandisa iqiniso futhi unguMehluleli ongungothi".

قُلۡ إِنِّي عَلَىٰ بَيِّنَةٖ مِّن رَّبِّي وَكَذَّبۡتُم بِهِۦۚ مَا عِندِي مَا تَسۡتَعۡجِلُونَ بِهِۦٓۚ إِنِ ٱلۡحُكۡمُ إِلَّا لِلَّهِۖ يَقُصُّ ٱلۡحَقَّۖ وَهُوَ خَيۡرُ ٱلۡفَٰصِلِينَ ٥٧

1 Lawa ngamagama ayeshiwo yiziqonga zombuso nezikhulu, lapho zibona laba ababethathwa njengabafokazana nezichaka kuyibona abamukela i-Isilamu ngobuningi. Bakusho lokho bezigqaja beqonde ukuthi, ukube le-Isilamu bekuyinto enhle lemfuxuza yabantu bekungeke kube iyona ebusiswa ngayo. Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi ubugwili nezikhundla eziphezulu azikuqisekisi ukuthi umuntu uyolibona iqiniso. Ngakhoke kuwubuwula ukucabanga ukuthi izigwili neziqonga zemibuso yizona ezikhaliphile kunabanye ekuboneni iqiniso le-Isilamu.

58. Yithi: "Ukube benginakho lokhu enikujahile, bekuyoba umaqamula juqu phakathi kwami nani, futhi u Allah ubazi kahle labo abaphambukile".

قُل لَّوْ أَنَّ عِندِى مَا تَسْتَعْجِلُونَ بِهِۦ لَقُضِىَ ٱلْأَمْرُ بَيْنِى وَبَيْنَكُمْ ۗ وَٱللَّهُ أَعْلَمُ بِٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٥٨﴾

59. Nguyena [u Allah] ophethe izikhiye zakulokho okungabonwayo, akekho ozaziyo ngaphandle kwaKhe. Wazi konke okusemhlabeni nasezilwandle. Ngisho icembe uma liwa esihlahleni uyalazi; konke okuwuhlamvu olusebumnyameni [emathunjini] omhlaba nokuthambile nokomile kuqoshiwe eNcwadini ecacile [uQwembe Oluqashiwe].

* وَعِندَهُۥ مَفَاتِحُ ٱلْغَيْبِ لَا يَعْلَمُهَآ إِلَّا هُوَ ۚ وَيَعْلَمُ مَا فِى ٱلْبَرِّ وَٱلْبَحْرِ ۚ وَمَا تَسْقُطُ مِن وَرَقَةٍ إِلَّا يَعْلَمُهَا وَلَا حَبَّةٍ فِى ظُلُمَٰتِ ٱلْأَرْضِ وَلَا رَطْبٍ وَلَا يَابِسٍ إِلَّا فِى كِتَٰبٍ مُّبِينٍ ﴿٥٩﴾

60. Nguyena [u Allah] othatha imiphefumulo yenu ebusuku [uma nilala] futhi wazi lokho ebenikwenza emini, ube esenivusa emini ukuze niqede isikhathi esibekiwe [sempilo], emuva kalokho niyobe senibuyela kuYe, bese enilandisa ngalokho ebinikwenza.

وَهُوَ ٱلَّذِى يَتَوَفَّىٰكُم بِٱلَّيْلِ وَيَعْلَمُ مَا جَرَحْتُم بِٱلنَّهَارِ ثُمَّ يَبْعَثُكُمْ فِيهِ لِيُقْضَىٰٓ أَجَلٌ مُّسَمًّى ۖ ثُمَّ إِلَيْهِ مَرْجِعُكُمْ ثُمَّ يُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٦٠﴾

61. Futhi unguMlawuli phezu kwezinceku zaKhe; uthumela izinqaphi [izingelosi] kini, kuthi lapho ukufuka sekufika komunye wenu, izithunywa [izingelosi] zeThu zithathe umphefumulo wakhe futhi azinabo ubudedengu.

وَهُوَ ٱلْقَاهِرُ فَوْقَ عِبَادِهِۦ ۖ وَيُرْسِلُ عَلَيْكُمْ حَفَظَةً حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءَ أَحَدَكُمُ ٱلْمَوْتُ تَوَفَّتْهُ رُسُلُنَا وَهُمْ لَا يُفَرِّطُونَ ﴿٦١﴾

62. Bayobe sebebuyiselwa ku Allah uMhlengi wabo weqiniso; nebala ukwehlulela kungokwakhe futhi wehlulela ngokushesha.

63. Yithi: "Ngubani oyonihlenga ebumnyameni basemhlabeni nasolwandle uma nikhuleka kuye ngokuzilahla buthule, [nithi]: "Uma nje ungasihlenga kulokhu siyoba ngababongayo".

64. Yithi: "Ngu Allah oyihlenga kukho [ubumnyama] nakubo bonke obunye ubunzima, kepha yinina futhi enimbhanqayo.

65. Yithi: "Uyakwazi ukuletha isijeziso kini, ngaphezu kwenu nangaphansi kwemilenze yenu, noma avele anihlakaze nibe ngamaqembu bese nilwa nodwa". Awubheke nje ukuthi sibahlaziyela kanjani imibiko ukuze baqondisise.

66. Kepha isizwe sakho sayiphika [iKurani] nakuba iyiqiniso. Yithi: "Angisiyena umqaphi wenu".

67. Lonke udaba lunesiphetho, kungekudala niyokwazi.

68. Uma ubona labo abakhuluma kabi imibiko yeThu, suka kubo kuze kube bakhuluma ngolunye udaba. Uma kwenzeka uShayitani ekwenza ukhohlwe, wase wakhumbula emuva kwalokho ungabe usahlala

ثُمَّ رُدُّوٓاْ إِلَى ٱللَّهِ مَوۡلَىٰهُمُ ٱلۡحَقِّۚ أَلَا لَهُ ٱلۡحُكۡمُ وَهُوَ أَسۡرَعُ ٱلۡحَٰسِبِينَ ٦٢

قُلۡ مَن يُنَجِّيكُم مِّن ظُلُمَٰتِ ٱلۡبَرِّ وَٱلۡبَحۡرِ تَدۡعُونَهُۥ تَضَرُّعٗا وَخُفۡيَةٗ لَّئِنۡ أَنجَىٰنَا مِنۡ هَٰذِهِۦ لَنَكُونَنَّ مِنَ ٱلشَّٰكِرِينَ ٦٣

قُلِ ٱللَّهُ يُنَجِّيكُم مِّنۡهَا وَمِن كُلِّ كَرۡبٖ ثُمَّ أَنتُمۡ تُشۡرِكُونَ ٦٤

قُلۡ هُوَ ٱلۡقَادِرُ عَلَىٰٓ أَن يَبۡعَثَ عَلَيۡكُمۡ عَذَابٗا مِّن فَوۡقِكُمۡ أَوۡ مِن تَحۡتِ أَرۡجُلِكُمۡ أَوۡ يَلۡبِسَكُمۡ شِيَعٗا وَيُذِيقَ بَعۡضَكُم بَأۡسَ بَعۡضٍۗ ٱنظُرۡ كَيۡفَ نُصَرِّفُ ٱلۡأٓيَٰتِ لَعَلَّهُمۡ يَفۡقَهُونَ ٦٥

وَكَذَّبَ بِهِۦ قَوۡمُكَ وَهُوَ ٱلۡحَقُّۚ قُل لَّسۡتُ عَلَيۡكُم بِوَكِيلٖ ٦٦

لِّكُلِّ نَبَإٖ مُّسۡتَقَرّٞۚ وَسَوۡفَ تَعۡلَمُونَ ٦٧

وَإِذَا رَأَيۡتَ ٱلَّذِينَ يَخُوضُونَ فِيٓ ءَايَٰتِنَا فَأَعۡرِضۡ عَنۡهُمۡ حَتَّىٰ يَخُوضُواْ فِي حَدِيثٍ غَيۡرِهِۦۚ وَإِمَّا يُنسِيَنَّكَ ٱلشَّيۡطَٰنُ فَلَا تَقۡعُدۡ بَعۡدَ ٱلذِّكۡرَىٰ مَعَ ٱلۡقَوۡمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ٦٨

nabantu abaphambukile[1].

وَمَا عَلَى ٱلَّذِينَ يَتَّقُونَ مِنْ حِسَابِهِم مِّن شَىْءٍ وَلَٰكِن ذِكْرَىٰ لَعَلَّهُمْ يَتَّقُونَ ﴿٦٩﴾

69. Labo abathobela u Allah abayikuthwesa nakancane icala labo [abaphambukile], kepha ukuba babakhumbuze hleze nabo bazothobela u Allah.

وَذَرِ ٱلَّذِينَ ٱتَّخَذُوا۟ دِينَهُمْ لَعِبًا وَلَهْوًا وَغَرَّتْهُمُ ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَا ۚ وَذَكِّرْ بِهِۦٓ أَن تُبْسَلَ نَفْسٌۢ بِمَا كَسَبَتْ لَيْسَ لَهَا مِن دُونِ ٱللَّهِ وَلِىٌّ وَلَا شَفِيعٌ وَإِن تَعْدِلْ كُلَّ عَدْلٍ لَّا يُؤْخَذْ مِنْهَآ ۗ أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ أُبْسِلُوا۟ بِمَا كَسَبُوا۟ ۖ لَهُمْ شَرَابٌ مِّنْ حَمِيمٍ وَعَذَابٌ أَلِيمٌۢ بِمَا كَانُوا۟ يَكْفُرُونَ ﴿٧٠﴾

70. Bayeke labo abathatha ukholo lwabo njengomdlalo nento yokuchitha isikhathi futhi badidekiswa impilo yasemhlabeni. Kunalokho yeluleka ngayo [iKurani] funa umuntu awele embujisweni ngenxa yezenzo zakhe; futhi akekho oyomhlenga noma amshwelezele ngaphandle kuka Allah, noma angaletha yonke inhlengo, angeke yamukelwe kuye. Yibona kanye labo abawele embujisweni nganxa yezenzo zabo. Bayothola isiphuzo esibilayo nesijeziso esibuhlungu ngenxa yokungakholwa kwabo.

قُلْ أَنَدْعُوا۟ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَا لَا يَنفَعُنَا وَلَا يَضُرُّنَا وَنُرَدُّ عَلَىٰٓ أَعْقَٰبِنَا بَعْدَ إِذْ هَدَىٰنَا ٱللَّهُ كَٱلَّذِى ٱسْتَهْوَتْهُ ٱلشَّيَٰطِينُ فِى ٱلْأَرْضِ حَيْرَانَ لَهُۥٓ أَصْحَٰبٌ يَدْعُونَهُۥٓ إِلَى ٱلْهُدَى ٱئْتِنَا ۗ قُلْ إِنَّ هُدَى ٱللَّهِ هُوَ ٱلْهُدَىٰ ۖ وَأُمِرْنَا لِنُسْلِمَ لِرَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٧١﴾

71. Yithi: "Singakukhonza kanjani lokho okungasisizi nokungeke kwasilimaza ngaphandle kuka Allah na, funa sibuyele nyovana emuva kokuba u Allah esihlengile, njengalowo ophicwe nguShayitani emhlabeni waba okhungathekile, belu unabangani abamubizela endleleni eqondile

1 Lesisambulo sichaza ngokusobala ukuthi labo abahlanekezela izincazelo zezambulo zika Allah nalabo abahlekisa ngazo akumele iMusilimu lihlale nabo lizibandakanye kuleyonkulumo noma ngabe unenhloso yokuqophisana nabo.

[bethi]: "yiza kithi". Yithi: "Ukuholwa ngu Allah yikona kuholwa kwangempela, futhi siyalelwe ukuba sizinikele eNkosini yezizwe zonke".

وَأَنْ أَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَٱتَّقُوهُ ۚ وَهُوَ ٱلَّذِىٓ إِلَيْهِ تُحْشَرُونَ ﴿٧٢﴾

72. Nokuthi nenze iSwala ngokuqikelela futhi nimuthobele [u Allah], ngokuba nguYena eniyovuselwa kuYe.

وَهُوَ ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ بِٱلْحَقِّ ۖ وَيَوْمَ يَقُولُ كُن فَيَكُونُ ۚ قَوْلُهُ ٱلْحَقُّ ۚ وَلَهُ ٱلْمُلْكُ يَوْمَ يُنفَخُ فِى ٱلصُّورِ ۚ عَٰلِمُ ٱلْغَيْبِ وَٱلشَّهَٰدَةِ ۚ وَهُوَ ٱلْحَكِيمُ ٱلْخَبِيرُ ﴿٧٣﴾

73. Futhi nguYe [u Allah] odale amazulu nomhlaba ngeqiniso, futhi mhlazane ethi: 'yenzeka" kuvele kwenzeka ngokuba iZwi laKhe liyiqiniso. Futhi umbuso woSuku lapho kuyoshaywa khona icilongo bungobaKhe, wazi okungabonwa nokubonwayo, ungoKhaliphile Unolwazi lwakho konke.

* وَإِذْ قَالَ إِبْرَٰهِيمُ لِأَبِيهِ ءَازَرَ أَتَتَّخِذُ أَصْنَامًا ءَالِهَةً ۖ إِنِّىٓ أَرَىٰكَ وَقَوْمَكَ فِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٧٤﴾

74. Futhi khumbula lapho u *Ibhirahimu* ethi kuyise *u-Azaru*: "Ingabe uthatha izithixo njengezikhonzwa na, nebala nginibona wena nabantu bakho nisekudukeni okusobala".

وَكَذَٰلِكَ نُرِىٓ إِبْرَٰهِيمَ مَلَكُوتَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَلِيَكُونَ مِنَ ٱلْمُوقِنِينَ ﴿٧٥﴾

75. Kanjalo sambonisa u-Ibhirahimu umbuso wamazulu nomhlaba ukuze abe omunye wabanesiqinseko.

فَلَمَّا جَنَّ عَلَيْهِ ٱلَّيْلُ رَءَا كَوْكَبًا ۖ قَالَ هَٰذَا رَبِّى ۖ فَلَمَّآ أَفَلَ قَالَ لَآ أُحِبُّ ٱلْءَافِلِينَ ﴿٧٦﴾

76. Kwathi lapho ehlwelwa ebusuku wabona inkanyezi wathi: "lena iNkosi yami", kepha kwathi lapho ishabalala wathi: "Angizithandi izinto ezishabalalayo".

77. Kwathi futhi lapho ebona inyanga iphuma wathi: "Lena iNKosi yami", kepha kwathi lapho ishabalala wathi: "Uma iNkosi yami ingangiholeli endleleni eqondile ngizoba omunye wabadukile".

فَلَمَّا رَءَا ٱلْقَمَرَ بَازِغًا قَالَ هَٰذَا رَبِّى ۖ فَلَمَّآ أَفَلَ قَالَ لَئِن لَّمْ يَهْدِنِى رَبِّى لَأَكُونَنَّ مِنَ ٱلْقَوْمِ ٱلضَّآلِّينَ ﴿٧٧﴾

78. Kuthe lapho esebona ilanga liphuma wathi: "Lena iNkosi yami, lena inkulu", kepha kwathi malishone wathi: "Bakwethu, mina angihlangene nalokho enikubhanqayo".

فَلَمَّا رَءَا ٱلشَّمْسَ بَازِغَةً قَالَ هَٰذَا رَبِّى هَٰذَآ أَكْبَرُ ۖ فَلَمَّآ أَفَلَتْ قَالَ يَٰقَوْمِ إِنِّى بَرِىٓءٌ مِّمَّا تُشْرِكُونَ ﴿٧٨﴾

79. Ngibhekise ubuso bami ngobumsulwa kulowo owasungula amazulu nomhlaba futhi angisiye omunye walaba ababhanqayo.

إِنِّى وَجَّهْتُ وَجْهِىَ لِلَّذِى فَطَرَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ حَنِيفًا ۖ وَمَآ أَنَا۠ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿٧٩﴾

80. Isizwe sakhe saphikisana naye, wathi: "Ningiphikisa ngo Allah kube kunguYena ongiholile, futhi angekwesabi lokhu enikubhanqa naYe [u Allah], ngaphandle uma iNkosi yami kukhona ekufuna kwenzeke, ngokuba iNkosi yami yengamele yonke into ngolwazi, kungani ningayaleki na?"

وَحَآجَّهُۥ قَوْمُهُۥ ۚ قَالَ أَتُحَٰٓجُّوٓنِّى فِى ٱللَّهِ وَقَدْ هَدَىٰنِ ۚ وَلَآ أَخَافُ مَا تُشْرِكُونَ بِهِۦٓ إِلَّآ أَن يَشَآءَ رَبِّى شَيْـًٔا ۗ وَسِعَ رَبِّى كُلَّ شَىْءٍ عِلْمًا ۗ أَفَلَا تَتَذَكَّرُونَ ﴿٨٠﴾

81. Ngingangekwesaba kanjani lokhu enikubhanqile nibe nina ningesabi ukuthi nibhanqa u Allah ngalokho anganinikanga bufakazi ngakho. Yilona liphi iqembu eliphephile kulana amabili [abakholwayo nababhanqayo] uma ninolwazi.

وَكَيْفَ أَخَافُ مَآ أَشْرَكْتُمْ وَلَا تَخَافُونَ أَنَّكُمْ أَشْرَكْتُم بِٱللَّهِ مَا لَمْ يُنَزِّلْ بِهِۦ عَلَيْكُمْ سُلْطَٰنًا ۚ فَأَىُّ ٱلْفَرِيقَيْنِ أَحَقُّ بِٱلْأَمْنِ ۖ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٨١﴾

ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَلَمۡ يَلۡبِسُوٓاْ إِيمَٰنَهُم بِظُلۡمٍ أُوْلَٰٓئِكَ لَهُمُ ٱلۡأَمۡنُ وَهُم مُّهۡتَدُونَ ﴿٨٢﴾

82. Labo abakholwayo futhi bengadungi ukholo lwabo ngempambuko; yibo kanye-ke labo abayophepha futhi yibona abasendleleni eqondile.

وَتِلۡكَ حُجَّتُنَآ ءَاتَيۡنَٰهَآ إِبۡرَٰهِيمَ عَلَىٰ قَوۡمِهِۦۚ نَرۡفَعُ دَرَجَٰتٖ مَّن نَّشَآءُۗ إِنَّ رَبَّكَ حَكِيمٌ عَلِيمٞ ﴿٨٣﴾

83. Yibo-ke lobo ubufakazi esabunika *u-Ibhirahimu* ukubhekana nabantu bakubo. Futhi senyusa amazinga alabo esibathandayo, bheka ngoba iNkosi yakho Ikhaliphile Yazi konke.

وَوَهَبۡنَا لَهُۥٓ إِسۡحَٰقَ وَيَعۡقُوبَۚ كُلّٗا هَدَيۡنَاۚ وَنُوحٗا هَدَيۡنَا مِن قَبۡلُۖ وَمِن ذُرِّيَّتِهِۦ دَاوُۥدَ وَسُلَيۡمَٰنَ وَأَيُّوبَ وَيُوسُفَ وَمُوسَىٰ وَهَٰرُونَۚ وَكَذَٰلِكَ نَجۡزِي ٱلۡمُحۡسِنِينَ ﴿٨٤﴾

84. Samupha [*u Ibhirahimu*] u *Isihaki* no *Yakubhu*, bonke sabaholela endleleni eqondile. Kanjalo no Nuhu ngaphambilini samuholela endleleni eqondile. Kanti *u Dawuda, uSulayimani, u Ayubu, u Yusufu, uMusa* kanye no *Haruna* bawuzalo lwakhe [u Nuhu]. Sibahlomulisa kanjalo abenzi bokuhle.

وَزَكَرِيَّا وَيَحۡيَىٰ وَعِيسَىٰ وَإِلۡيَاسَۖ كُلّٞ مِّنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٨٥﴾

85. Kanjalo [saholela endleleni eqondile] *u Zakariya no Yahiya no Isa no Iliyasi*, bonke babeqotho.

وَإِسۡمَٰعِيلَ وَٱلۡيَسَعَ وَيُونُسَ وَلُوطٗاۚ وَكُلّٗا فَضَّلۡنَا عَلَى ٱلۡعَٰلَمِينَ ﴿٨٦﴾

86. Nakanjalo [saholela endleleni eqondile] *u Isima'ili no Aliyasa'i no Yunusi no Luti*, bonke sibaqokile ezizweni.

وَمِنۡ ءَابَآئِهِمۡ وَذُرِّيَّٰتِهِمۡ وَإِخۡوَٰنِهِمۡۖ وَٱجۡتَبَيۡنَٰهُمۡ وَهَدَيۡنَٰهُمۡ إِلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٖ ﴿٨٧﴾

87. Nabanye koyise babo nozalo lwabo kanye nabafowabo sabaqoka sase sibaholela endleleni eqondile.

ذَٰلِكَ هُدَى ٱللَّهِ يَهۡدِي بِهِۦ مَن يَشَآءُ مِنۡ عِبَادِهِۦۚ وَلَوۡ أَشۡرَكُواْ لَحَبِطَ عَنۡهُم مَّا كَانُواْ يَعۡمَلُونَ ﴿٨٨﴾

88. Yikona lokho ukuhola kuka Allah, uhola ngakho amthandayo ezincekwini zaKhe. Ukube babhanqa u Allah, yayiyoshabalala imisebenzi [emihle] yabo.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ ءَاتَيۡنَٰهُمُ ٱلۡكِتَٰبَ وَٱلۡحُكۡمَ وَٱلنُّبُوَّةَۚ فَإِن يَكۡفُرۡ بِهَا هَٰٓؤُلَآءِ فَقَدۡ وَكَّلۡنَا بِهَا قَوۡمَا لَّيۡسُواْ بِهَا بِكَٰفِرِينَ ﴿٨٩﴾

89. Yibo ke labo esabanika iMibhalo neMiyalelo noButhunywa; umake laba bengakukholwa lokhu, sesivele sesilungiselele abanye ngakho abangeke bakuphika lokhu.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ هَدَى ٱللَّهُۖ فَبِهُدَىٰهُمُ ٱقۡتَدِهۡۗ قُل لَّآ أَسۡـَٔلُكُمۡ عَلَيۡهِ أَجۡرًاۖ إِنۡ هُوَ إِلَّا ذِكۡرَىٰ لِلۡعَٰلَمِينَ ﴿٩٠﴾

90. Yibona futhi laba [iZithunywa] u Allah abaholele endleleni eqondile, ngakhoke hamba endleleni yabo. Uthi: "Angifuni mvuzo kini [ngokunindlulisela iKurani]; kuphela nje, iyisikhumbuzo ezizweni zonke.

وَمَا قَدَرُواْ ٱللَّهَ حَقَّ قَدۡرِهِۦٓ إِذۡ قَالُواْ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ عَلَىٰ بَشَرٖ مِّن شَيۡءٖۗ قُلۡ مَنۡ أَنزَلَ ٱلۡكِتَٰبَ ٱلَّذِي جَآءَ بِهِۦ مُوسَىٰ نُورٗا وَهُدٗى لِّلنَّاسِ تَجۡعَلُونَهُۥ قَرَاطِيسَ تُبۡدُونَهَا وَتُخۡفُونَ كَثِيرٗاۚ وَعُلِّمۡتُم مَّا لَمۡ تَعۡلَمُوٓاْ أَنتُمۡ وَلَآ ءَابَآؤُكُمۡۖ قُلِ ٱللَّهُۖ ثُمَّ ذَرۡهُمۡ فِي خَوۡضِهِمۡ يَلۡعَبُونَ ﴿٩١﴾

91. Abamhloniphanga u Allah ngendlela okumele bamhloniphe ngayo, mhla bethi: "U Allah akembulelanga lutho kumuntu". Yithi: "Ngubani owembulela iNcwadi lena eyafika noMusa iwukukhanya nenkokhelo kubantu, nayenza iziqeshana, naveza ingxenye yayo kepha nagodla okuningi. Futhi nafundiswa izinto ebeningazazi nina noyihlo mkhulu". Yithi: "Ngu Allah", bese ubayeka kanjalo bendlala ekudukeni kwabo.

92. Lenake iNcwadi [iKurani] esiyambulele, ibusisekile ifakazela leyo eyandulelayo futhi ukuze ukhalime abantu base Umulikura [iMakha] kanye nalabo abayakhele. Futhi labo abakholwayo bayakholelelwa kuyo [iKurani] futhi bayaqikelela ukwenza iSwala ngesikhathi.

وَهَٰذَا كِتَٰبٌ أَنزَلْنَٰهُ مُبَارَكٌ مُّصَدِّقُ
ٱلَّذِى بَيْنَ يَدَيْهِ وَلِتُنذِرَ أُمَّ ٱلْقُرَىٰ
وَمَنْ حَوْلَهَا ۚ وَٱلَّذِينَ يُؤْمِنُونَ بِٱلْءَاخِرَةِ
يُؤْمِنُونَ بِهِۦ ۖ وَهُمْ عَلَىٰ صَلَاتِهِمْ
يُحَافِظُونَ ﴿٩٢﴾

93. Ingabe ukhona yini ophambuke ukudlula lowo oqambela u Allah amanga noma athi: "Ngembulelwe" kube kungekho lutho olwembulelwe kuye, nalowo othi: "Ngizokwembulela okufanayo nalokho okwembulelwe ngu Allah". Ukube ubungabona labo abaphambukile bejuqwa iminjunju yokufa, ngala, izingelosi [zokufa] zivule izandla zazo [zithi]: "Khiphani imiphefumulo yenu, namhlanje nizojeziswa ngesijeziso esihlazisayo ngenxa yalokho enanikusho ngo Allah kungeqiniso futhi nanizigqaja ngezambulo zaKhe".

وَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّنِ ٱفْتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا
أَوْ قَالَ أُوحِىَ إِلَىَّ وَلَمْ يُوحَ إِلَيْهِ شَىْءٌ
وَمَن قَالَ سَأُنزِلُ مِثْلَ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ ۗ وَلَوْ
تَرَىٰٓ إِذِ ٱلظَّٰلِمُونَ فِى غَمَرَٰتِ ٱلْمَوْتِ
وَٱلْمَلَٰٓئِكَةُ بَاسِطُوٓا۟ أَيْدِيهِمْ أَخْرِجُوٓا۟
أَنفُسَكُمُ ۖ ٱلْيَوْمَ تُجْزَوْنَ عَذَابَ ٱلْهُونِ
بِمَا كُنتُمْ تَقُولُونَ عَلَى ٱللَّهِ غَيْرَ ٱلْحَقِّ
وَكُنتُمْ عَنْ ءَايَٰتِهِۦ تَسْتَكْبِرُونَ ﴿٩٣﴾

94. Nize kithi [manje] ngamunye njengoba sanidala kwasekuqaleni, nakushiya emuva kwenu konke lokhu esasinikunike kona, futhi asiziboni izikhulumeli zenu lezi ebenithembe ukuthi zingabalingani [ku Allah]. Nebala buphelile

وَلَقَدْ جِئْتُمُونَا فُرَٰدَىٰ كَمَا خَلَقْنَٰكُمْ
أَوَّلَ مَرَّةٍ وَتَرَكْتُم مَّا خَوَّلْنَٰكُمْ وَرَآءَ
ظُهُورِكُمْ ۖ وَمَا نَرَىٰ مَعَكُمْ شُفَعَآءَكُمُ
ٱلَّذِينَ زَعَمْتُمْ أَنَّهُمْ فِيكُمْ شُرَكَٰٓؤُا۟ ۚ
لَقَد تَّقَطَّعَ بَيْنَكُمْ وَضَلَّ عَنكُم مَّا
كُنتُمْ تَزْعُمُونَ ﴿٩٤﴾

ubuhlobo phakathi kwenu futhi nalahlekelwa yilokhu ebenikuthembile[1].

95. Nebala, u Allah nguyena oqhekeza uhlamvu lwenhlwanyelo nendumba yesundu. Udala okuphilayo kulokho okufile, adale okufile kulokho okuphilayo. Ngu Allah owenza konke lokho, ngakhoke nikushaya kanjani indivana?

* إِنَّ ٱللَّهَ فَالِقُ ٱلْحَبِّ وَٱلنَّوَىٰ ۖ يُخْرِجُ ٱلْحَىَّ مِنَ ٱلْمَيِّتِ وَمُخْرِجُ ٱلْمَيِّتِ مِنَ ٱلْحَىِّ ۚ ذَٰلِكُمُ ٱللَّهُ ۖ فَأَنَّىٰ تُؤْفَكُونَ ﴿٩٥﴾

96. [u Allah] Uletha ukusa [ekuseni] futhi wenze ubusuku baba isikhathi sozinzo, kwathi ilanga nenyanga wakwenza kwahamba ngesikhathi esibekiwe. Lokho kuhlelwe nguSomandla Owazi konke.

فَالِقُ ٱلْإِصْبَاحِ وَجَعَلَ ٱلَّيْلَ سَكَنًا وَٱلشَّمْسَ وَٱلْقَمَرَ حُسْبَانًا ۚ ذَٰلِكَ تَقْدِيرُ ٱلْعَزِيزِ ٱلْعَلِيمِ ﴿٩٦﴾

97. Futhi [u Allah] nguYena onenzele izinkanyezi ukuze nizisebenzise ukunihola ebumnyameni basemhlabeni nasezilwandle. Nebala sizicacise kahle izibonakaliso labo abanolwazi.

وَهُوَ ٱلَّذِى جَعَلَ لَكُمُ ٱلنُّجُومَ لِتَهْتَدُوا۟ بِهَا فِى ظُلُمَٰتِ ٱلْبَرِّ وَٱلْبَحْرِ ۗ قَدْ فَصَّلْنَا ٱلْءَايَٰتِ لِقَوْمٍ يَعْلَمُونَ ﴿٩٧﴾

1 Lokhu ubufakazi obuqanda ikhanda ukuthi labo abakholelwa ekutheni kunabantu okuyibona abakhulumela ku Allah, kwabaphilayo noma kwabashona, imbudane engenabufakazi neze elingenasisekelo. Wonke uyakhona ukubhekisa noma yini ku Allah lapha emhlabeni futhi ngoSuku lokwaHlulela akekho oyomela omunye ngemisebenzi yakhe, yilelo xoxo nexoxo liyozigxumela. Uma umuntu eseshonile usuke esebhekene nemivuzo yemisebenzi yakhe ayenze esaphila akanaso isikhathi sokucelela noma ukukhulumela abanye.

وَهُوَ ٱلَّذِىٓ أَنشَأَكُم مِّن نَّفْسٍ وَٰحِدَةٍ فَمُسْتَقَرٌّ وَمُسْتَوْدَعٌ ۗ قَدْ فَصَّلْنَا ٱلْءَايَٰتِ لِقَوْمٍ يَفْقَهُونَ ﴿٩٨﴾

98. Futhi nguYe onidale ngomphefumulo owodwa [ka Adamu], wanenzela indawo lapho niyohlala khona [esinyeni sika mame] nalapho niyolondolozwa khona [emqolo wesilisa]. Nebala sizicacisile izibonokaliso kulabo abaqondasisayo.

وَهُوَ ٱلَّذِىٓ أَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَأَخْرَجْنَا بِهِۦ نَبَاتَ كُلِّ شَىْءٍ فَأَخْرَجْنَا مِنْهُ خَضِرًا نُّخْرِجُ مِنْهُ حَبًّا مُّتَرَاكِبًا وَمِنَ ٱلنَّخْلِ مِن طَلْعِهَا قِنْوَانٌ دَانِيَةٌ وَجَنَّٰتٍ مِّنْ أَعْنَابٍ وَٱلزَّيْتُونَ وَٱلرُّمَّانَ مُشْتَبِهًا وَغَيْرَ مُتَشَٰبِهٍ ۗ ٱنظُرُوٓا۟ إِلَىٰ ثَمَرِهِۦٓ إِذَآ أَثْمَرَ وَيَنْعِهِۦٓ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكُمْ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٩٩﴾

99. Kuphinde kube nguYe [u Allah] onehlisela imvula, sabe sesikhiqiza ngayo izitshalo zezinhlobo zonke, esikhiqiza kuzo uhlaza esikhiqiza kulo izinhlavu eziyisixha; nesixha esilengela eduze kwimpova yesundu, nezivande zemivini kanjalo nomhlwathi nehanadi okufanayo [nagamacembe] nokungafani [ngezithelo]. Bhekani ezithelweni zaloluhlaza lapho sezithela nalapho sezivuthwa. Nebala kulokho kunezibonakaliso kubantu abakholwayo.

وَجَعَلُوا۟ لِلَّهِ شُرَكَآءَ ٱلْجِنَّ وَخَلَقَهُمْ ۖ وَخَرَقُوا۟ لَهُۥ بَنِينَ وَبَنَٰتٍۭ بِغَيْرِ عِلْمٍ ۚ سُبْحَٰنَهُۥ وَتَعَٰلَىٰ عَمَّا يَصِفُونَ ﴿١٠٠﴾

100. Futhi [abangakholwa] baqokele u Allah abalingani bamaJini nakuba kunguYena [u Allah] obadalile. Baphinda bamsisela ngamadodana namadodakazi bengenalwazi[1]. Ungcwele Yena futhi Uphakeme kulokho abakuphawulayo.

1 AmaJuda athi iSithunywa u Uzayiri indodana ka Allah, kwathi amaNasarina wona athi, u Isa indodana ka Allah. Abanye bona bathi izingelosi ngamadodakazi ka Allah, okufaka phakathi lenkolelo kaNomkhobolwane. Bonke labantu abanabo nobu bodwa ubufakazi obuvela ku Allah ngalokho abakuphawulayo.

بَدِيعُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۖ أَنَّىٰ يَكُونُ لَهُۥ وَلَدٞ وَلَمۡ تَكُن لَّهُۥ صَٰحِبَةٗۖ وَخَلَقَ كُلَّ شَيۡءٖۖ وَهُوَ بِكُلِّ شَيۡءٍ عَلِيمٞ ١٠١

101. [u Allah] Ungumsunguli wamazulu nomhlaba; angaba kanjani nengane ebengenaye umfazi na?. Futhi udale yonke into futhi uyazi yonke.

ذَٰلِكُمُ ٱللَّهُ رَبُّكُمۡۖ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَۖ خَٰلِقُ كُلِّ شَيۡءٖ فَٱعۡبُدُوهُۚ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٖ وَكِيلٞ ١٠٢

102. Nguyenake loyo u Allah iNkosi yenu, akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwakhe, unguMdali wezinto zonke, ngakhoke mkhonzeni, futhi unguMnakekeli wezinto zonke.

لَّا تُدۡرِكُهُ ٱلۡأَبۡصَٰرُ وَهُوَ يُدۡرِكُ ٱلۡأَبۡصَٰرَۖ وَهُوَ ٱللَّطِيفُ ٱلۡخَبِيرُ ١٠٣

103. Akabonwa ngamehlo kepha uyawabona, futhi Unobuchule Wazi ngakho konke.

قَدۡ جَآءَكُم بَصَآئِرُ مِن رَّبِّكُمۡۖ فَمَنۡ أَبۡصَرَ فَلِنَفۡسِهِۦۖ وَمَنۡ عَمِيَ فَعَلَيۡهَاۚ وَمَآ أَنَا۠ عَلَيۡكُم بِحَفِيظٖ ١٠٤

104. Nebala zifikile kini izimvulamehlo zivela eNkosini yenu. Lowoke oyovula amehlo uzisiza yena uqobo, futhi lowo ozozenza impumputhe uzilamaza yena uqobo. Belu angiqokwanga ukuba ngumuqhaphi wenu.

وَكَذَٰلِكَ نُصَرِّفُ ٱلۡأٓيَٰتِ وَلِيَقُولُواْ دَرَسۡتَ وَلِنُبَيِّنَهُۥ لِقَوۡمٖ يَعۡلَمُونَ ١٠٥

105. Sizicacisa kanjalo imibiko, baze bathi [abangakholwa]: "uzifundele", empeleni sizicacisela labo bantu abanolwazi.

ٱتَّبِعۡ مَآ أُوحِيَ إِلَيۡكَ مِن رَّبِّكَۖ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَۖ وَأَعۡرِضۡ عَنِ ٱلۡمُشۡرِكِينَ ١٠٦

106. [Muhamadi] Landela lokho okwembulelwe kuwe kuvela eNkosini yakho – akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwaYo – futhi ungazibandakanyi nalabo ababhanqayo.

وَلَوْ شَآءَ ٱللَّهُ مَآ أَشْرَكُوا۟ ۗ وَمَا جَعَلْنَٰكَ عَلَيْهِمْ حَفِيظًا ۖ وَمَآ أَنتَ عَلَيْهِم بِوَكِيلٍ ﴿١٠٧﴾

107. Ukube u Allah bekathanda bebengeke bambhanqe; belu asikuqokanga ukuba ingqaphi yabo [abangakholwa], futhi awusiyena umnakekeli wabo.

وَلَا تَسُبُّوا۟ ٱلَّذِينَ يَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ فَيَسُبُّوا۟ ٱللَّهَ عَدْوًۢا بِغَيْرِ عِلْمٍ ۗ كَذَٰلِكَ زَيَّنَّا لِكُلِّ أُمَّةٍ عَمَلَهُمْ ثُمَّ إِلَىٰ رَبِّهِم مَّرْجِعُهُمْ فَيُنَبِّئُهُم بِمَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٠٨﴾

108. Futhi ningabobathuka labo abakhonza okunye ngaphandle kuka Allah, funa bathuke u Allah ngenzondo nokungabi nalwazi. Bheka ngoba senza sonke isizwe saboma izenzo zabo kuyinto enhle, futhi bayobuyela ku eNkosini yabo ibazise ngalokho ababekwkenza.

وَأَقْسَمُوا۟ بِٱللَّهِ جَهْدَ أَيْمَٰنِهِمْ لَئِن جَآءَتْهُمْ ءَايَةٌ لَّيُؤْمِنُنَّ بِهَا ۚ قُلْ إِنَّمَا ٱلْـَٔايَٰتُ عِندَ ٱللَّهِ ۖ وَمَا يُشْعِرُكُمْ أَنَّهَآ إِذَا جَآءَتْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿١٠٩﴾

109. Bafunga ngo Allah bagomela ukuthi uma kufika kubo isibonakaliso bayosikholwa nakanjani. Yithi: "Izibonakaliso ziku Allah , futhi nazingani, uma zifika bangahle bengakholwa?".

وَنُقَلِّبُ أَفْـِٔدَتَهُمْ وَأَبْصَٰرَهُمْ كَمَا لَمْ يُؤْمِنُوا۟ بِهِۦٓ أَوَّلَ مَرَّةٍ وَنَذَرُهُمْ فِى طُغْيَٰنِهِمْ يَعْمَهُونَ ﴿١١٠﴾

110. Futhi siguqule izinhliziyo zabo nokubona kwabo, njengoba bengafunanga ukukholwa kuyo [iKurani] zibekwa nje, sabashiya benhlanhlatha ekuphambukeni kwabo bengaboni.

* وَلَوْ أَنَّنَا نَزَّلْنَآ إِلَيْهِمُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةَ وَكَلَّمَهُمُ ٱلْمَوْتَىٰ وَحَشَرْنَا عَلَيْهِمْ كُلَّ شَىْءٍ قُبُلًا مَّا كَانُوا۟ لِيُؤْمِنُوٓا۟ إِلَّآ أَن يَشَآءَ ٱللَّهُ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَهُمْ يَجْهَلُونَ ﴿١١١﴾

111. Ukube sabalethela izingelosi noma abafile bakhulume nabo [mathupha] noma sibalethele yonke into phambu kwabo, angeke bakholwe ngaphandle uma u Allah ethanda, kepha iningi labo alinalwazi.

وَكَذَٰلِكَ جَعَلْنَا لِكُلِّ نَبِيٍّ عَدُوًّا
شَيَٰطِينَ ٱلْإِنسِ وَٱلْجِنِّ يُوحِى بَعْضُهُمْ
إِلَىٰ بَعْضٍ زُخْرُفَ ٱلْقَوْلِ غُرُورًا ۚ
وَلَوْ شَآءَ رَبُّكَ مَا فَعَلُوهُ ۖ فَذَرْهُمْ وَمَا
يَفْتَرُونَ ﴿١١٢﴾

112. Kanjalo senzela zonke iZithunywa izitha zoShayitani babantu nabamaJini abalekelelanayo ekubekeni amagama akhangayo adukisayo. Kepha uma u Allah ethanda bebengeke bakwenze, ngakhoke bayeke kanjalo namanga abawaqambayo.

وَلِتَصْغَىٰٓ إِلَيْهِ أَفْـِٔدَةُ ٱلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ
بِٱلْءَاخِرَةِ وَلِيَرْضَوْهُ وَلِيَقْتَرِفُوا۟ مَا هُم
مُّقْتَرِفُونَ ﴿١١٣﴾

113. Labo abangakholwa yibona abayowalalela [amagama akhangayo adukisayo] futhi bayowamukela bese benza lokho abayokwenza.

أَفَغَيْرَ ٱللَّهِ أَبْتَغِى حَكَمًا وَهُوَ ٱلَّذِىٓ
أَنزَلَ إِلَيْكُمُ ٱلْكِتَٰبَ مُفَصَّلًا ۚ وَٱلَّذِينَ
ءَاتَيْنَٰهُمُ ٱلْكِتَٰبَ يَعْلَمُونَ أَنَّهُۥ مُنَزَّلٌ
مِّن رَّبِّكَ بِٱلْحَقِّ ۖ فَلَا تَكُونَنَّ مِنَ
ٱلْمُمْتَرِينَ ﴿١١٤﴾

114. [Yithi] "Ngingamqoka kanjani omunye ngaphandle kuka Allah ukuba abe umehluleli na, kube kunguYena [u Allah] onembulele iNcwadi ecacisa konke". Futhi labo esabanika iNcwadi bayazi ukuthi ize neqiniso ivela eNkosini yabo. Ngakhoke ungabi ngonokungabaza.

وَتَمَّتْ كَلِمَتُ رَبِّكَ صِدْقًا وَعَدْلًا ۚ
لَّا مُبَدِّلَ لِكَلِمَٰتِهِۦ ۚ وَهُوَ ٱلسَّمِيعُ
ٱلْعَلِيمُ ﴿١١٥﴾

115. Izwi [iKurani] leNkosi yakho lineqiniso eliphelele [kwelikushoyo] nobulungiswa obuphelele [kwimiyalelo], akekho oyophinde aguqule amaZwi aKhe [u Allah], futhi Ungozwayo Owaziyo.

وَإِن تُطِعْ أَكْثَرَ مَن فِى ٱلْأَرْضِ
يُضِلُّوكَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ ۚ إِن يَتَّبِعُونَ إِلَّا
ٱلظَّنَّ وَإِنْ هُمْ إِلَّا يَخْرُصُونَ ﴿١١٦﴾

116. Uma uzolalela iningi lalabo abasemhlabeni bayokuphambukisa endleleni ka Allah, ngokuba balandela imindlizo nje futhi baqamba amanga.

إِنَّ رَبَّكَ هُوَ أَعْلَمُ مَن يَضِلُّ عَن سَبِيلِهِۦ ۖ وَهُوَ أَعْلَمُ بِٱلْمُهْتَدِينَ ﴿١١٧﴾

117. Nebala, iNkosi yakho ibazi kahle labo abadukayo endleleni yaYo futhi ibazi kahle nalabo abasendleleni eqondile.

فَكُلُوا۟ مِمَّا ذُكِرَ ٱسْمُ ٱللَّهِ عَلَيْهِ إِن كُنتُم بِـَٔايَـٰتِهِۦ مُؤْمِنِينَ ﴿١١٨﴾

118. Dlanini kulokho okubizwe kukho igama lika Allah uma ngempela nokholwa kuzambulo zaKhe.

وَمَا لَكُمْ أَلَّا تَأْكُلُوا۟ مِمَّا ذُكِرَ ٱسْمُ ٱللَّهِ عَلَيْهِ وَقَدْ فَصَّلَ لَكُم مَّا حَرَّمَ عَلَيْكُمْ إِلَّا مَا ٱضْطُرِرْتُمْ إِلَيْهِ ۗ وَإِنَّ كَثِيرًا لَّيُضِلُّونَ بِأَهْوَآئِهِم بِغَيْرِ عِلْمٍ ۗ إِنَّ رَبَّكَ هُوَ أَعْلَمُ بِٱلْمُعْتَدِينَ ﴿١١٩﴾

119. Yini ngani ningadli kulokho okubizelwe kukho igama lika Allah, belu unicacisele lokho aninqabele kona ngaphandle uma niphoqwa yindlala. Nebala iningi labantu liyaduka ngenxa yezinkanuko zabo bengazi. INkosi yakho ibazi kahle labo abayiziphula mthetho.

وَذَرُوا۟ ظَـٰهِرَ ٱلْإِثْمِ وَبَاطِنَهُۥٓ ۚ إِنَّ ٱلَّذِينَ يَكْسِبُونَ ٱلْإِثْمَ سَيُجْزَوْنَ بِمَا كَانُوا۟ يَقْتَرِفُونَ ﴿١٢٠﴾

120. Yekelani amanyala asobala nawangasese, nebala labo abenza amanyala bayojeza ngalokho abakwenzayo [okubi].

وَلَا تَأْكُلُوا۟ مِمَّا لَمْ يُذْكَرِ ٱسْمُ ٱللَّهِ عَلَيْهِ وَإِنَّهُۥ لَفِسْقٌ ۗ وَإِنَّ ٱلشَّيَـٰطِينَ لَيُوحُونَ إِلَىٰٓ أَوْلِيَآئِهِمْ لِيُجَـٰدِلُوكُمْ ۖ وَإِنْ أَطَعْتُمُوهُمْ إِنَّكُمْ لَمُشْرِكُونَ ﴿١٢١﴾

121. Futhi ningadli kulokho okungabizelwana igama lika Allah ngokuba kuyimpambuko. Futhi Oshayitani bayacobelelana nozwakwabo ukuze baqophisane nani; uma nike nabalalela niyoba ngamaMushiriku [ababhangqi].

أَوَمَن كَانَ مَيْتًا فَأَحْيَيْنَـٰهُ وَجَعَلْنَا لَهُۥ نُورًا يَمْشِى بِهِۦ فِى ٱلنَّاسِ كَمَن مَّثَلُهُۥ فِى ٱلظُّلُمَـٰتِ لَيْسَ بِخَارِجٍ مِّنْهَا ۚ كَذَٰلِكَ زُيِّنَ لِلْكَـٰفِرِينَ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٢٢﴾

122. Lowo obekade efile sabe sesimupha impilo samnika nokukhanya ahamba ngakho phakathi kwabantu, ingabe uyefana yini nalowo osebunyameni angasoze

aphuma kubo. Kanjalo, laba abangakholwa kwenziwe kwakuhle kubo lokhu abakwenzayo.

وَكَذَٰلِكَ جَعَلْنَا فِي كُلِّ قَرْيَةٍ أَكَٰبِرَ مُجْرِمِيهَا لِيَمْكُرُوا۟ فِيهَا ۖ وَمَا يَمْكُرُونَ إِلَّا بِأَنفُسِهِمْ وَمَا يَشْعُرُونَ ﴿١٢٣﴾

123. Nakanjalo senza kwabakhona kuzo zonke izizwe izikhulu zezigilamkhuba zakhona ukuze kube ezakha amasu; empeleni bazakhela bona amasu kepha ababoni.

وَإِذَا جَآءَتْهُمْ ءَايَةٌ قَالُوا۟ لَن نُّؤْمِنَ حَتَّىٰ نُؤْتَىٰ مِثْلَ مَآ أُوتِىَ رُسُلُ ٱللَّهِ ۘ ٱللَّهُ أَعْلَمُ حَيْثُ يَجْعَلُ رِسَالَتَهُۥ ۗ سَيُصِيبُ ٱلَّذِينَ أَجْرَمُوا۟ صَغَارٌ عِندَ ٱللَّهِ وَعَذَابٌ شَدِيدٌۢ بِمَا كَانُوا۟ يَمْكُرُونَ ﴿١٢٤﴾

124. Uma kufika kubo isibonakaliso bathi: "Angeke neze sakholwa kuze kube sinikwa lokho okwanikwa iZithunywa zika Allah". U Allah nguYena owazi kangcono ngazomqokela umbiko waKhe. Labo abayiziphula mthetho bayodicilileka ku Allah bathole nesijeziso esinzima ngenxa yamaqhinga abawenzayo.

فَمَن يُرِدِ ٱللَّهُ أَن يَهْدِيَهُۥ يَشْرَحْ صَدْرَهُۥ لِلْإِسْلَٰمِ ۖ وَمَن يُرِدْ أَن يُضِلَّهُۥ يَجْعَلْ صَدْرَهُۥ ضَيِّقًا حَرَجًا كَأَنَّمَا يَصَّعَّدُ فِى ٱلسَّمَآءِ ۚ كَذَٰلِكَ يَجْعَلُ ٱللَّهُ ٱلرِّجْسَ عَلَى ٱلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿١٢٥﴾

125. Lowo u Allah afuna ukumholela endleleni eqondile, uvula inhliziyo yakhe ukwamukela i-Isilamu, kuthi lowo afuna ukumdukisa wenza inhliziyo yakhe icinane yenqene [ukwamukela iqiniso], ongathi wenyekela emkhathini; uyobajezisa kanjalo-ke u Allah labo abangakholwa.

وَهَٰذَا صِرَٰطُ رَبِّكَ مُسْتَقِيمًا ۗ قَدْ فَصَّلْنَا ٱلْءَايَٰتِ لِقَوْمٍ يَذَّكَّرُونَ ﴿١٢٦﴾

126. Lena indlela eqondile yeNkosi yakho; nebala sibacacisele imibiko labo abanokuqonda.

* لَهُمْ دَارُ ٱلسَّلَٰمِ عِندَ رَبِّهِمْ ۖ وَهُوَ وَلِيُّهُم بِمَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٢٧﴾

127. Bayongena Emzini Wokuthula [iJana] eNkosini yabo, futhi iyoba umhlengi wabo ngenxa yalokho ababekwenza.

وَيَوْمَ يَحْشُرُهُمْ جَمِيعًا يَٰمَعْشَرَ ٱلْجِنِّ قَدِ ٱسْتَكْثَرْتُم مِّنَ ٱلْإِنسِ ۖ وَقَالَ أَوْلِيَآؤُهُم مِّنَ ٱلْإِنسِ رَبَّنَا ٱسْتَمْتَعَ بَعْضُنَا بِبَعْضٍ وَبَلَغْنَآ أَجَلَنَا ٱلَّذِىٓ أَجَّلْتَ لَنَا ۚ قَالَ ٱلنَّارُ مَثْوَىٰكُمْ خَٰلِدِينَ فِيهَآ إِلَّا مَا شَآءَ ٱللَّهُ ۚ إِنَّ رَبَّكَ حَكِيمٌ عَلِيمٌ ﴿١٢٨﴾

128. Futhi ngoSuku lapho siyobabuthanisa bonke [abantu], [siyothi]: "Nina maJini nezwe kwakuningi ebantwini [nibadukisa]!. Abangani babo kubantu bayothi: "Nkosi yethu sizuzisene kwaze kwafika isikhathi osibekele sona". Uyothi [u Allah]: "Niyohlala eMlilweni unaphakhade ngaphandle kwalokho okuthandwa ngu Allah". Nebala iNkosi yakho iKhaliphile iYazi.

وَكَذَٰلِكَ نُوَلِّى بَعْضَ ٱلظَّٰلِمِينَ بَعْضًۢا بِمَا كَانُوا۟ يَكْسِبُونَ ﴿١٢٩﴾

129. Futhi kanjalo, sibabhanqa bodwa labo abaphambukile ngenxa yezenzo zabo.

يَٰمَعْشَرَ ٱلْجِنِّ وَٱلْإِنسِ أَلَمْ يَأْتِكُمْ رُسُلٌ مِّنكُمْ يَقُصُّونَ عَلَيْكُمْ ءَايَٰتِى وَيُنذِرُونَكُمْ لِقَآءَ يَوْمِكُمْ هَٰذَا ۚ قَالُوا۟ شَهِدْنَا عَلَىٰٓ أَنفُسِنَا ۖ وَغَرَّتْهُمُ ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَا وَشَهِدُوا۟ عَلَىٰٓ أَنفُسِهِمْ أَنَّهُمْ كَانُوا۟ كَٰفِرِينَ ﴿١٣٠﴾

130. Nina maJini nabantu, azizange zifike yini iZithunywa ezivela ngaphathi kwenu zinilandisa ngezambulo zaMi futhi zinixwayisa ngokufika kwenu kuloluSuku na?. Bayothi: "Nembala, singofakazi kithina uqobo"; - kepha bayengwa impilo yasemhlabeni –bazifakazela bona uqobo ukuthi bebengakholwa.

ذَٰلِكَ أَن لَّمْ يَكُن رَّبُّكَ مُهْلِكَ ٱلْقُرَىٰ بِظُلْمٍ وَأَهْلُهَا غَٰفِلُونَ ﴿١٣١﴾

131. Lokho, yingoba iNkosi yakho ayiyibhubhisi indawo ngenxa yempambuko abantu bakhona bengazi bengazelele.

وَلِكُلّٖ دَرَجَٰتٞ مِّمَّا عَمِلُواْۚ وَمَا رَبُّكَ بِغَٰفِلٍ عَمَّا يَعۡمَلُونَ ١٣٢

132. Bonke [abantu] banezigaba ngokwezenzo zabo, futhi akusikho ukuthi iNkosi yakho ayikunakile lokho abakwenzayo.

وَرَبُّكَ ٱلۡغَنِيُّ ذُو ٱلرَّحۡمَةِۚ إِن يَشَأۡ يُذۡهِبۡكُمۡ وَيَسۡتَخۡلِفۡ مِنۢ بَعۡدِكُم مَّا يَشَآءُ كَمَآ أَنشَأَكُم مِّن ذُرِّيَّةِ قَوۡمٍ ءَاخَرِينَ ١٣٣

133. Futhi iNkosi yakho iZimele Inomusa; uma ithanda inganishabalalisa nonke bese iletha emuva kwenu indalo ayithandayo, njengoba nani anikhipha ozalweni lwabanye abantu.

إِنَّ مَا تُوعَدُونَ لَأٓتٖۖ وَمَآ أَنتُم بِمُعۡجِزِينَ ١٣٤

134. Nebala lokho enithenjiswe kona kuzofika, futhi ngeke naphunyuka.

قُلۡ يَٰقَوۡمِ ٱعۡمَلُواْ عَلَىٰ مَكَانَتِكُمۡ إِنِّي عَٰمِلٞۖ فَسَوۡفَ تَعۡلَمُونَ مَن تَكُونُ لَهُۥ عَٰقِبَةُ ٱلدَّارِۚ إِنَّهُۥ لَا يُفۡلِحُ ٱلظَّٰلِمُونَ ١٣٥

135. Yithi: "Bantu bakithi, yenzani enikwenzayo lapho nikhona nami ngizokwenza engikwenzayo, ; maduzane nje nizokwazi ukuthi nguba oyophetha ngokuphumelela eJana, belu abaphambukile abasoze baphumelele.

وَجَعَلُواْ لِلَّهِ مِمَّا ذَرَأَ مِنَ ٱلۡحَرۡثِ وَٱلۡأَنۡعَٰمِ نَصِيبٗا فَقَالُواْ هَٰذَا لِلَّهِ بِزَعۡمِهِمۡ وَهَٰذَا لِشُرَكَآئِنَاۖ فَمَا كَانَ لِشُرَكَآئِهِمۡ فَلَا يَصِلُ إِلَى ٱللَّهِۖ وَمَا كَانَ لِلَّهِ فَهُوَ يَصِلُ إِلَىٰ شُرَكَآئِهِمۡۗ سَآءَ مَا يَحۡكُمُونَ ١٣٦

136. Futhi babele u Allah kulokho akudalile kuzitshalo nemfuyo, bathi – ngokusho kwabo: "Lokhu kungokuka Allah, kuthi lokhu kube ngokweZikhonzwa zethu". Lokhu okwabelwe iZikhonzwa zabo akulokothi kuye ku Allah, kepha lokhu okwabelwe u Allah kuyaya kuZikhonzwa zabo. Yaze yayimbi indlela abathatha ngazo izinqumo.

وَكَذَٰلِكَ زَيَّنَ لِكَثِيرٍ مِّنَ ٱلْمُشْرِكِينَ
قَتْلَ أَوْلَٰدِهِمْ شُرَكَآؤُهُمْ لِيُرْدُوهُمْ
وَلِيَلْبِسُوا۟ عَلَيْهِمْ دِينَهُمْ ۖ وَلَوْ شَآءَ ٱللَّهُ
مَا فَعَلُوهُ ۖ فَذَرْهُمْ وَمَا يَفْتَرُونَ ﴿١٣٧﴾

137. Kanjalo futhi iZikhonzwa zabo zibayenge ngokubulala abantwana babo[1], bebadukisa futhi bebadungela inkolo yabo. Uma u Allah bekathanda bebengeke bakwenze, ngakhoke bayeke nalokho abakwenzayo.

وَقَالُوا۟ هَٰذِهِۦٓ أَنْعَٰمٌ وَحَرْثٌ حِجْرٌ لَّا
يَطْعَمُهَآ إِلَّا مَن نَّشَآءُ بِزَعْمِهِمْ وَأَنْعَٰمٌ
حُرِّمَتْ ظُهُورُهَا وَأَنْعَٰمٌ لَّا يَذْكُرُونَ
ٱسْمَ ٱللَّهِ عَلَيْهَا ٱفْتِرَآءً عَلَيْهِ ۚ سَيَجْزِيهِم
بِمَا كَانُوا۟ يَفْتَرُونَ ﴿١٣٨﴾

138. Futhi bathi: "Lezi zilwane [ezifuywayo] nezitshalo kunqatshelwe, akekho okumele azidle ngaphandle kwalowo othandwa yithi" – ngokusho kwabo; lezilwane kunqatshelwe ukuba zigitshelwe, kuthi ezinye azibizelwa iGama lika Allah [uma zihlatshwa] njengenye yezindlela zokumqambela amanga [u Allah]. Uzobanika [u Allah] umvuzo wabo ngalamanga abawaqambayo.

وَقَالُوا۟ مَا فِى بُطُونِ هَٰذِهِ ٱلْأَنْعَٰمِ
خَالِصَةٌ لِّذُكُورِنَا وَمُحَرَّمٌ عَلَىٰٓ أَزْوَٰجِنَا ۖ
وَإِن يَكُن مَّيْتَةً فَهُمْ فِيهِ شُرَكَآءُ ۚ
سَيَجْزِيهِمْ وَصْفَهُمْ ۚ إِنَّهُۥ حَكِيمٌ
عَلِيمٌ ﴿١٣٩﴾

139. Baphinde bathi: "Konke okusesiswini zalezilwane kudliwa abesilisa kuphela [uma kuzalwa kuphila] futhi kunqatshelwe kubafazi bethu". Kepha uma [kuzalwa] kuyincuba badla bonke[2].

1 Njengosiko lokugingiswa kwewele okwakukholelwa ukuthi liletha amashwa. Kanye nomkhuba wokuhulula isisu osundlangile esikhathini samanje.

2 Lokhu kufaka phakathi umkhuba wokuhlonza izitho zesilwane esihlatshiwe ngokuthi lesi esezalukazi lesi esamakhehla lesi esabafana noma lesi asidliwa ngozibanibani nozi banibani. Konke akunasisekelo nobufakazi obuphathekayo, kepha imikhuba nje esuselwa kuzinkolelo zezasendulo. Kanjalo nenkolelo yokuthi abantubesibongo esithize abayidli inyama yesilwane esithize. Phela akekho onelungelo lokunqabela lokhu u Allah akuvumele.

Uzobanika [u Allah] umvuzo wabo ngabakushoyo, ngokuba Yena Ungokhaliphile Onolwazi.

قَدْ خَسِرَ ٱلَّذِينَ قَتَلُوٓاْ أَوْلَٰدَهُمْ سَفَهًۢا بِغَيْرِ عِلْمٍ وَحَرَّمُواْ مَا رَزَقَهُمُ ٱللَّهُ ٱفْتِرَآءً عَلَى ٱللَّهِۚ قَدْ ضَلُّواْ وَمَا كَانُواْ مُهْتَدِينَ ﴿١٤٠﴾

140. Nebala balahlekelwe labo ababulala abantwana babo ngobuphukuphuku nobuwula baphinde futhi bazinqabele lokho u Allah ababele kona, belu beqambela u Allah amanga. Ngempela badukile futhi abekho endleleni eqondile.

* وَهُوَ ٱلَّذِىٓ أَنشَأَ جَنَّٰتٍ مَّعْرُوشَٰتٍ وَغَيْرَ مَعْرُوشَٰتٍ وَٱلنَّخْلَ وَٱلزَّرْعَ مُخْتَلِفًا أُكُلُهُۥ وَٱلزَّيْتُونَ وَٱلرُّمَّانَ مُتَشَٰبِهًا وَغَيْرَ مُتَشَٰبِهٍۚ كُلُواْ مِن ثَمَرِهِۦٓ إِذَآ أَثْمَرَ وَءَاتُواْ حَقَّهُۥ يَوْمَ حَصَادِهِۦۖ وَلَا تُسْرِفُوٓاْۚ إِنَّهُۥ لَا يُحِبُّ ٱلْمُسْرِفِينَ ﴿١٤١﴾

141. Nguyena [u Allah] odale izivande eziphanyekiwe [njengomvini] nezingaphanyekwanga namasundu nohlaza olunezithelo ezahlukene [ngokunambitheka], nemihlwathi namahanadi afanayo [ngokubukeka] futhi ebe engafani [ngokunambitheka]. Dlanini kuzithelo zaso uma sesithelile futhi nikhiphe ilungelo laso [iZaka yezitshalo] mhla sesivunwa, ningaxhaphazi, ngokuba [u Allah] akabathandi abaxhaphazayo.

وَمِنَ ٱلْأَنْعَٰمِ حَمُولَةً وَفَرْشًاۚ كُلُواْ مِمَّا رَزَقَكُمُ ٱللَّهُ وَلَا تَتَّبِعُواْ خُطُوَٰتِ ٱلشَّيْطَٰنِۚ إِنَّهُۥ لَكُمْ عَدُوٌّ مُّبِينٌ ﴿١٤٢﴾

142. [Wadala] futhi nasezilwaneni ezifuywayo lezo ezikhona ukuthwala imithwalo kanye nalezo ezingakhoni ukuthwala imithwalo [okusetshenziswa izikhumba zazo kuphela]. Ngakhoke dlanini kulokho

u Allah anabele kona futhi ningalandeli ezinyathweleni zika Shayitani, ngokuba uyisitha senu esiqavile.

ثَمَٰنِيَةَ أَزۡوَٰجٖۖ مِّنَ ٱلضَّأۡنِ ٱثۡنَيۡنِ وَمِنَ ٱلۡمَعۡزِ ٱثۡنَيۡنِۗ قُلۡ ءَآلذَّكَرَيۡنِ حَرَّمَ أَمِ ٱلۡأُنثَيَيۡنِ أَمَّا ٱشۡتَمَلَتۡ عَلَيۡهِ أَرۡحَامُ ٱلۡأُنثَيَيۡنِۖ نَبِّـُٔونِي بِعِلۡمٍ إِن كُنتُمۡ صَٰدِقِينَ ١٤٣

143. [Wadala izilwane ezifuywayo] zaba izinhlobo eziyisishagalombili; ezimbili ezimvini [iduna nensikazi] ezimbili ezimbuzini [iduna nensikazi]. Yithi [Muhamadi]: "Ingabe unqabele amaduna amabili noma izinsikazi ezimbili noma lokho okuseziswini zezinsikazi ezimbili na? Ngaziseni ngokufakazelwa ulwazi uma ngempela nineqiniso".

وَمِنَ ٱلۡإِبِلِ ٱثۡنَيۡنِ وَمِنَ ٱلۡبَقَرِ ٱثۡنَيۡنِۗ قُلۡ ءَآلذَّكَرَيۡنِ حَرَّمَ أَمِ ٱلۡأُنثَيَيۡنِ أَمَّا ٱشۡتَمَلَتۡ عَلَيۡهِ أَرۡحَامُ ٱلۡأُنثَيَيۡنِۖ أَمۡ كُنتُمۡ شُهَدَآءَ إِذۡ وَصَّىٰكُمُ ٱللَّهُ بِهَٰذَاۚ فَمَنۡ أَظۡلَمُ مِمَّنِ ٱفۡتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبٗا لِّيُضِلَّ ٱلنَّاسَ بِغَيۡرِ عِلۡمٍۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَهۡدِي ٱلۡقَوۡمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ١٤٤

144. Futhi ezimbili kumakameli [iduna nensikazi] nezimbili ezinkomeni [iduna nensikazi]; Yithi [Muhamadi]: "Ingabe unqabele amaduna amabili noma izinsikazi ezimbili noma lokho okuseziswini zezinsikazi ezimbili. Noma mhlawumbe nanikhona mhla u Allah eniyalela ngalokhu na?" Ingabe ukhona yini ophambuke ukudlula lowo oqambela u Allah amanga, ukudukisa abantu engenalwazi. Nebala, u Allah akabahlengi abantu abaphambukayo.

145. Yithi [Muhamadi]: "Angitholi kulokhu okwembulelwe kimi okunqatshelwe ukuba umuntu akudle, ngaphandle uma kuyincuba noma igazi eligelezayo [ububende] noma inyama yengulube – ngokuba kuwukungcola – noma lokho okuyimpambuko okuhlatshelwe abanye ngaphandle kuka Allah. Kepha lowo ophoqwa yisimo engahlosile ukuba yihlongandlebe noma isaphulamthetho, bheka ngoba iNkosi yakho Ingumthetheleli Onesihawu".

قُل لَّآ أَجِدُ فِي مَآ أُوحِيَ إِلَيَّ مُحَرَّمًا عَلَىٰ طَاعِمٍ يَطْعَمُهُۥٓ إِلَّآ أَن يَكُونَ مَيْتَةً أَوْ دَمًا مَّسْفُوحًا أَوْ لَحْمَ خِنزِيرٍ فَإِنَّهُۥ رِجْسٌ أَوْ فِسْقًا أُهِلَّ لِغَيْرِ ٱللَّهِ بِهِۦ ۚ فَمَنِ ٱضْطُرَّ غَيْرَ بَاغٍ وَلَا عَادٍ فَإِنَّ رَبَّكَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٤٥﴾

146. Labo abangamaJuda sabanqabela yonke into enezinyawo ezihlangene [njengekameli nedada], saphinde sabanqabela enkomeni nasezimvini [nezimbuzi] amanoni azo, ngaphandle kwalawo anamathele emhlane wazo noma emathunjini noma ahlangene nethambo. Lokho, besibajezisa ngenxa yobuhlongandlebe babo futhi siqinisile ngempela.

وَعَلَى ٱلَّذِينَ هَادُواْ حَرَّمْنَا كُلَّ ذِى ظُفُرٍ ۖ وَمِنَ ٱلْبَقَرِ وَٱلْغَنَمِ حَرَّمْنَا عَلَيْهِمْ شُحُومَهُمَآ إِلَّا مَا حَمَلَتْ ظُهُورُهُمَآ أَوِ ٱلْحَوَايَآ أَوْ مَا ٱخْتَلَطَ بِعَظْمٍ ۚ ذَٰلِكَ جَزَيْنَٰهُم بِبَغْيِهِمْ ۖ وَإِنَّا لَصَٰدِقُونَ ﴿١٤٦﴾

147. Uma bekuphikisa, yithi: "iNkosi yenu inesihawu esiyinala futhi akekho oyonqanda isijeziso saYo kubantu abayizigilamkhuba".

فَإِن كَذَّبُوكَ فَقُل رَّبُّكُمْ ذُو رَحْمَةٍ وَٰسِعَةٍ وَلَا يُرَدُّ بَأْسُهُۥ عَنِ ٱلْقَوْمِ ٱلْمُجْرِمِينَ ﴿١٤٧﴾

148. Bazothi laba ababhangqayo: "Uma u Allah ubethanda ngabe asibhangqanga thina noba obabamkhulu bethu futhi ngabe asinqabelanga lutho. Labo ababanduleyo baphika kanjalo kwaze bathola isijeziso seThu. Yithi: "Ingabe ninolwazi yini, nisikhiphele lona, empeleni nilandela imidlinzo nje futhi niqamba amanga nje".

سَيَقُولُ ٱلَّذِينَ أَشۡرَكُواْ لَوۡ شَآءَ ٱللَّهُ مَآ أَشۡرَكۡنَا وَلَآ ءَابَآؤُنَا وَلَا حَرَّمۡنَا مِن شَيۡءٖۚ كَذَٰلِكَ كَذَّبَ ٱلَّذِينَ مِن قَبۡلِهِمۡ حَتَّىٰ ذَاقُواْ بَأۡسَنَاۗ قُلۡ هَلۡ عِندَكُم مِّنۡ عِلۡمٖ فَتُخۡرِجُوهُ لَنَآۖ إِن تَتَّبِعُونَ إِلَّا ٱلظَّنَّ وَإِنۡ أَنتُمۡ إِلَّا تَخۡرُصُونَ ١٤٨

149. Yithi: "Ubufakazi buka Allah bungumnqamula-juqu, futhi ukube ubethanda ubezobaholela endleleni eqondile bonke.

قُلۡ فَلِلَّهِ ٱلۡحُجَّةُ ٱلۡبَٰلِغَةُۖ فَلَوۡ شَآءَ لَهَدَىٰكُمۡ أَجۡمَعِينَ ١٤٩

150. Yithi: "Lethani ofakazi benu labo abafakaza ukuthi u Allah wenqabele lokhu". Uma befakaza, ungafakazi nabo futhi ungalandeli izinkanuko zalabo abaphika imibiko yeThu nalabo abangakholelwa kweLizayo futhi bebe benzela iNkosi yabo abalingani.

قُلۡ هَلُمَّ شُهَدَآءَكُمُ ٱلَّذِينَ يَشۡهَدُونَ أَنَّ ٱللَّهَ حَرَّمَ هَٰذَاۖ فَإِن شَهِدُواْ فَلَا تَشۡهَدۡ مَعَهُمۡۚ وَلَا تَتَّبِعۡ أَهۡوَآءَ ٱلَّذِينَ كَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا وَٱلَّذِينَ لَا يُؤۡمِنُونَ بِٱلۡأٓخِرَةِ وَهُم بِرَبِّهِمۡ يَعۡدِلُونَ ١٥٠

151. Yithi: "Wozani nginilandise ngalokho iNkosi yenu eninqabele kona; ukuba ningayibhangqi nalutho futhi niphathe kahle abazali, ningabulali abantwana benu nesaba indlala – Thina sizonondla nina kanye nabo, ningazisondezi namachilo

* قُلۡ تَعَالَوۡاْ أَتۡلُ مَا حَرَّمَ رَبُّكُمۡ عَلَيۡكُمۡۖ أَلَّا تُشۡرِكُواْ بِهِۦ شَيۡـٔٗاۖ وَبِٱلۡوَٰلِدَيۡنِ إِحۡسَٰنٗاۖ وَلَا تَقۡتُلُوٓاْ أَوۡلَٰدَكُم مِّنۡ إِمۡلَٰقٖ نَّحۡنُ نَرۡزُقُكُمۡ وَإِيَّاهُمۡۖ وَلَا تَقۡرَبُواْ ٱلۡفَوَٰحِشَ مَا ظَهَرَ مِنۡهَا وَمَا بَطَنَۖ وَلَا تَقۡتُلُواْ ٱلنَّفۡسَ ٱلَّتِي حَرَّمَ ٱللَّهُ إِلَّا بِٱلۡحَقِّۚ

esidlangalaleni nangasese, ningakhiphi umphefumulo lona u Allah awenze igugu ngokungemthetho; yikona lokho Eniyalele ngakho ukuze niqondisise".

ذَٰلِكُمْ وَصَّىٰكُم بِهِۦ لَعَلَّكُمْ تَعْقِلُونَ ﴿١٥١﴾

152. Futhi ningasondeli kumcebo wentandane ngaphandle uma ufuna ukwenza okuhle ize iyakhula. Futhi ngobulungiswa nigcwalise izikali – u Allah akamethwesi umuntu umthwalo ongaphezu kwamandla akhe. Futhi uma nikhuluma [nethula ubufakazi], yibani nobulungiswa noma kungaba isihlobo, futhi nigcine isibophezelo sika Allah; yikona lokho Eniyalela ngakho ukuze nilalele.

وَلَا تَقْرَبُوا۟ مَالَ ٱلْيَتِيمِ إِلَّا بِٱلَّتِى هِىَ أَحْسَنُ حَتَّىٰ يَبْلُغَ أَشُدَّهُۥ ۚ وَأَوْفُوا۟ ٱلْكَيْلَ وَٱلْمِيزَانَ بِٱلْقِسْطِ ۖ لَا نُكَلِّفُ نَفْسًا إِلَّا وُسْعَهَا ۖ وَإِذَا قُلْتُمْ فَٱعْدِلُوا۟ وَلَوْ كَانَ ذَا قُرْبَىٰ ۖ وَبِعَهْدِ ٱللَّهِ أَوْفُوا۟ ۚ ذَٰلِكُمْ وَصَّىٰكُم بِهِۦ لَعَلَّكُمْ تَذَكَّرُونَ ﴿١٥٢﴾

153. Nanokuthi lena indlela yaMi eqondile yilandeleni, ningalandeli izindlela ezizoqhekeza niduke endleleni yaYo [iNkosi yenu]; yikona lokho Eniyalela ngakho ukuze nithobele u Allah.

وَأَنَّ هَٰذَا صِرَٰطِى مُسْتَقِيمًا فَٱتَّبِعُوهُ ۖ وَلَا تَتَّبِعُوا۟ ٱلسُّبُلَ فَتَفَرَّقَ بِكُمْ عَن سَبِيلِهِۦ ۚ ذَٰلِكُمْ وَصَّىٰكُم بِهِۦ لَعَلَّكُمْ تَتَّقُونَ ﴿١٥٣﴾

154. Futhi sanika uMusa iNcwadi ephelelisa lokho okuhle ebekwenza iphinde ichaze yonke into futhi iwumhlahlandlela nomusa, ukuze bakholwe ukuthi bayohlangana neNkosi yabo.

ثُمَّ ءَاتَيْنَا مُوسَى ٱلْكِتَٰبَ تَمَامًا عَلَى ٱلَّذِىٓ أَحْسَنَ وَتَفْصِيلًا لِّكُلِّ شَىْءٍ وَهُدًى وَرَحْمَةً لَّعَلَّهُم بِلِقَآءِ رَبِّهِمْ يُؤْمِنُونَ ﴿١٥٤﴾

وَهَٰذَا كِتَٰبٌ أَنزَلْنَٰهُ مُبَارَكٌ فَٱتَّبِعُوهُ وَٱتَّقُوا۟ لَعَلَّكُمْ تُرْحَمُونَ ﴿١٥٥﴾

155. Lena iNcwadi ebusisekile esiyehlisele, ngakhoke yilandeleni futhi nithobele u Allah ukuze nithole umusa.

أَن تَقُولُوٓا۟ إِنَّمَآ أُنزِلَ ٱلْكِتَٰبُ عَلَىٰ طَآئِفَتَيْنِ مِن قَبْلِنَا وَإِن كُنَّا عَن دِرَاسَتِهِمْ لَغَٰفِلِينَ ﴿١٥٦﴾

156. Funa nithi [nina eningakholwa]: "iNcwadi yehliselwa kulamaqembu amabili [amaJuda namaNasarina] asandulelayo futhi besingazihluphi ngokufunda ngabo".

أَوْ تَقُولُوا۟ لَوْ أَنَّآ أُنزِلَ عَلَيْنَا ٱلْكِتَٰبُ لَكُنَّآ أَهْدَىٰ مِنْهُمْ ۚ فَقَدْ جَآءَكُم بَيِّنَةٌ مِّن رَّبِّكُمْ وَهُدًى وَرَحْمَةٌ ۚ فَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّن كَذَّبَ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ وَصَدَفَ عَنْهَا ۗ سَنَجْزِى ٱلَّذِينَ يَصْدِفُونَ عَنْ ءَايَٰتِنَا سُوٓءَ ٱلْعَذَابِ بِمَا كَانُوا۟ يَصْدِفُونَ ﴿١٥٧﴾

157. Noma nithi: "Ukube yehliselwa kithi iNcwadi, besizoqonda ukudlula bona". Nebala ubufakazi obuvela eNkosini yenu bufikile kini kanye nomhlahlandlela nomusa. Ingawe ukhona ophambuke ukudlula lowo ophika izibonkaliso zika Allah aphinde azibalekele. Sizobajezisa kabuhlungu labo ababalekela izibonakaliso zika Allah ngaenxa yokubaleka kwabo.

هَلْ يَنظُرُونَ إِلَّآ أَن تَأْتِيَهُمُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ أَوْ يَأْتِىَ رَبُّكَ أَوْ يَأْتِىَ بَعْضُ ءَايَٰتِ رَبِّكَ ۗ يَوْمَ يَأْتِى بَعْضُ ءَايَٰتِ رَبِّكَ لَا يَنفَعُ نَفْسًا إِيمَٰنُهَا لَمْ تَكُنْ ءَامَنَتْ مِن قَبْلُ أَوْ كَسَبَتْ فِىٓ إِيمَٰنِهَا خَيْرًا ۗ قُلِ ٱنتَظِرُوٓا۟ إِنَّا مُنتَظِرُونَ ﴿١٥٨﴾

158. Ingabe balinde ukuba izingelosi zifike kubo noma kufike iNkosi yakho noma ezinye zezibonakaliso zeNkosi yakho na? Ngosuku lapho okuyofika ezinye zezibonakaliso zeNkosi yakho, ukholo lomuntu angeke lumsize ngalutho uma ubekade engakholwa ngaphambilini noma enze okuhle okholweni lwakhe. Yithi: "Lindani nathi silindile".

159. Nebala, labo abahlakaza inkolo yabo babe ngamaqembu, akukho lutho oluhlanganise nabo, udaba lwabo luku Allah futhi uyobazisa ngalokho abakwenzayo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ فَرَّقُواْ دِينَهُمۡ وَكَانُواْ شِيَعٗا لَّسۡتَ مِنۡهُمۡ فِي شَيۡءٍۚ إِنَّمَآ أَمۡرُهُمۡ إِلَى ٱللَّهِ ثُمَّ يُنَبِّئُهُم بِمَا كَانُواْ يَفۡعَلُونَ ١٥٩

160. Lowo owenza okuhle, uyothola umvuzo walokho ophindwe kashumi, kuthi lowo owenza okubi ajeziswe kuphela ngokulingene lokho futhi abayikukwenziwa isisulu.

مَن جَآءَ بِٱلۡحَسَنَةِ فَلَهُۥ عَشۡرُ أَمۡثَالِهَاۖ وَمَن جَآءَ بِٱلسَّيِّئَةِ فَلَا يُجۡزَىٰٓ إِلَّا مِثۡلَهَا وَهُمۡ لَا يُظۡلَمُونَ ١٦٠

161. Yithi: "Nebala iNkosi yami ingiholele endleleni eqondile, inkolo eyisisekelo, inkolo kaIbhirahimu omsulwa futhi wayengeyena umbhangqi.

قُلۡ إِنَّنِي هَدَىٰنِي رَبِّيٓ إِلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٖ دِينٗا قِيَمٗا مِّلَّةَ إِبۡرَٰهِيمَ حَنِيفٗاۚ وَمَا كَانَ مِنَ ٱلۡمُشۡرِكِينَ ١٦١

162. Yithi: "iSwala yami nezinkambiso zami nempilo yami nokufa kwami [konke] kungokuka Allah, iNkosi yezizwe zonke".

قُلۡ إِنَّ صَلَاتِي وَنُسُكِي وَمَحۡيَايَ وَمَمَاتِي لِلَّهِ رَبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ١٦٢

163. Akanamlingani; yilokho engiyalelwe kona futhi ngiwokuqala ukuba yiMusilimu [ozinikela entandweni ka Allah].

لَا شَرِيكَ لَهُۥۖ وَبِذَٰلِكَ أُمِرۡتُ وَأَنَا۠ أَوَّلُ ٱلۡمُسۡلِمِينَ ١٦٣

164. Yithi: "Ngingamthatha kanjani omunye njengenkosi ngaphandle kuka Allah kube kunguYena iNkosi yezinto zonke. Futhi konke umuntu akwenzayo kuwumthwalo wakhe, belu akekho oyothwalela omunye umthwalo wakhe.

قُلۡ أَغَيۡرَ ٱللَّهِ أَبۡغِي رَبّٗا وَهُوَ رَبُّ كُلِّ شَيۡءٖۚ وَلَا تَكۡسِبُ كُلُّ نَفۡسٍ إِلَّا عَلَيۡهَاۚ وَلَا تَزِرُ وَازِرَةٞ وِزۡرَ أُخۡرَىٰۚ ثُمَّ إِلَىٰ رَبِّكُم مَّرۡجِعُكُمۡ فَيُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمۡ فِيهِ تَخۡتَلِفُونَ ١٦٤

Futhi niyobuyela eNkosini yenu bese inazisa ngakho konke lokhu ebeniphikisana ngakho.

165. Nguyena [u Allah] onenze izizukulwane ezilamanayo emhlabeni, waphakamisa izinga labanye phezu kwelabanye izigaba ukuze anivivinye kulokho aniphe kona. Nebala iNkosi yakho ijezisana ngokushesha injalo nje Iyathethelela Inesihawu.

وَهُوَ ٱلَّذِى جَعَلَكُمْ خَلَٰٓئِفَ ٱلْأَرْضِ
وَرَفَعَ بَعْضَكُمْ فَوْقَ بَعْضٍ دَرَجَٰتٍ
لِّيَبْلُوَكُمْ فِى مَآ ءَاتَىٰكُمْ ۗ إِنَّ رَبَّكَ
سَرِيعُ ٱلْعِقَابِ وَإِنَّهُۥ لَغَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٦٥﴾

(7) SURA A'ARAFU
UMTHANGALA I-A'ARAFU

سُورَةُ الأَعۡرَافِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Alif Lam Mim Swad.

ٱلٓمٓصٓ ١

2. INcwadi esayehlisela kuwe ukuze wexwayise ngayo futhi ibe yisikhumbuzo kulabo abakholwayo, ngakhoke mawungabi nokwenqena enhlizweni yakho.

كِتَٰبٌ أُنزِلَ إِلَيۡكَ فَلَا يَكُن فِي صَدۡرِكَ حَرَجٞ مِّنۡهُ لِتُنذِرَ بِهِۦ وَذِكۡرَىٰ لِلۡمُؤۡمِنِينَ ٢

3. Landelani lokho okwehliselwe kini kuvela eNkosini yenu, futhi ningalandeli ngaphandle kwaYo [iNkosi yenu] abanye abangani.

ٱتَّبِعُواْ مَآ أُنزِلَ إِلَيۡكُم مِّن رَّبِّكُمۡ وَلَا تَتَّبِعُواْ مِن دُونِهِۦٓ أَوۡلِيَآءَۗ قَلِيلٗا مَّا تَذَكَّرُونَ ٣

4. Futhi ziningi izizwe esazibhubhisa, isijeziso seThu safika kubo ebusuku noma emini bethathe isihlwathi.

وَكَم مِّن قَرۡيَةٍ أَهۡلَكۡنَٰهَا فَجَآءَهَا بَأۡسُنَا بَيَٰتًا أَوۡ هُمۡ قَآئِلُونَ ٤

5. Awukho omunye umkhuleko ababewusho mhla kufika isijeziso seThu, ngaphandle kokuthi bathi: "Nebala siphambukile".

فَمَا كَانَ دَعۡوَىٰهُمۡ إِذۡ جَآءَهُم بَأۡسُنَآ إِلَّآ أَن قَالُوٓاْ إِنَّا كُنَّا ظَٰلِمِينَ ٥

6. Nakanjani siyobabuza labo okwathunyelwa kubo [iZithunywa] futhi sizozibuza neZithunywa imbala.

فَلَنَسۡـَٔلَنَّ ٱلَّذِينَ أُرۡسِلَ إِلَيۡهِمۡ وَلَنَسۡـَٔلَنَّ ٱلۡمُرۡسَلِينَ ٦

فَلَنَقُصَّنَّ عَلَيۡهِم بِعِلۡمٖۖ وَمَا كُنَّا غَآئِبِينَ ٧

7. Futhi siyobalandisa ngolwazi [konke abakwenzayo], phela akusikho ukuthi besingekho.

وَٱلۡوَزۡنُ يَوۡمَئِذٍ ٱلۡحَقُّۚ فَمَن ثَقُلَتۡ مَوَٰزِينُهُۥ فَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡمُفۡلِحُونَ ٨

8. Futhi iSikali [sezenzo] siyiqiniso ngaloloSuku; lowo isikali sakhe siyoba nesisindo, yibo labo abayophumelela.

وَمَنۡ خَفَّتۡ مَوَٰزِينُهُۥ فَأُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ خَسِرُوٓاْ أَنفُسَهُم بِمَا كَانُواْ بِـَٔايَٰتِنَا يَظۡلِمُونَ ٩

9. Kuthi lowo isikali sakhe siyoba lula, yibo labo abazilahlekelisele ngenxa yokuphambana nezambulo zethu.

وَلَقَدۡ مَكَّنَّٰكُمۡ فِي ٱلۡأَرۡضِ وَجَعَلۡنَا لَكُمۡ فِيهَا مَعَٰيِشَۗ قَلِيلٗا مَّا تَشۡكُرُونَ ١٠

10. Nebala sanibeka emhlabeni sanenzela kuwo impilo, kepha kuncane enikubongayo.

وَلَقَدۡ خَلَقۡنَٰكُمۡ ثُمَّ صَوَّرۡنَٰكُمۡ ثُمَّ قُلۡنَا لِلۡمَلَٰٓئِكَةِ ٱسۡجُدُواْ لِأٓدَمَ فَسَجَدُوٓاْ إِلَّآ إِبۡلِيسَ لَمۡ يَكُن مِّنَ ٱلسَّٰجِدِينَ ١١

11. Futhi sanidala sanibumba sase sithi ezingelosini: "Iwani ngobuso nikhothamele u Adamu"; zakhothama ngaphandle kuka *Ibhilisi* akakhothamanga nabanye[1].

قَالَ مَا مَنَعَكَ أَلَّا تَسۡجُدَ إِذۡ أَمَرۡتُكَۖ قَالَ أَنَا۠ خَيۡرٞ مِّنۡهُ خَلَقۡتَنِي مِن نَّارٖ وَخَلَقۡتَهُۥ مِن طِينٖ ١٢

12. Wathi [u Allah]: "Uvinjwayini ukukhothama lapho ngikuyalela na?". Wathi [u Ibhilisi]: "Mina ngingcono kunaye [u Adamu], ngokuba mina ungidale ngomlilo kulapho yena umdale ngothuli".

قَالَ فَٱهۡبِطۡ مِنۡهَا فَمَا يَكُونُ لَكَ أَن تَتَكَبَّرَ فِيهَا فَٱخۡرُجۡ إِنَّكَ مِنَ ٱلصَّٰغِرِينَ ١٣

13. Wathi [u Allah]: "Hamba la, awunalo igunya lokuzigqaja lapha; phuma, futhi uyoba ngongenasithunzi.

1 U *Ibhilisi* wayengeyona ingelosi kepha uyiJini elavunyelwa ngu Allah ukuba lihlale nezingelosi (Bheka, 18:50). Ngakhoke izinkolelo zokuthi u *Ibhililsi* wayeyingelosi eyaxoshwa ngenxa yokuthi yazima ukuzenza uMdali, yadala impukane ithi izama ukudala inyosi; lena imbudane uqobo.

14. Wathi: [u Ibhilisi] "Ngiphe impilo ende kuze kube uSuku lokuVuswa".

قَالَ أَنظِرْنِيٓ إِلَىٰ يَوْمِ يُبْعَثُونَ ﴿١٤﴾

15. Wathi [u Allah]: "Nakanjani ungomunye walaba abanikwe impilo ende".

قَالَ إِنَّكَ مِنَ ٱلْمُنظَرِينَ ﴿١٥﴾

16. Wathi [u Ibhilisi]: "Njengoba usungudukisile, ngizobavimba [uzalo luka Adamu] ukuba babe sendleleni yaYho eqondile".

قَالَ فَبِمَآ أَغْوَيْتَنِي لَأَقْعُدَنَّ لَهُمْ صِرَٰطَكَ ٱلْمُسْتَقِيمَ ﴿١٦﴾

17. Futhi ngiyohlasela ngaphambili, ngemuva, ngakwesokudla nangakwesokunxele kwabo; futhi uyofumanisa iningi labo lingabongi.

ثُمَّ لَءَاتِيَنَّهُم مِّنۢ بَيْنِ أَيْدِيهِمْ وَمِنْ خَلْفِهِمْ وَعَنْ أَيْمَٰنِهِمْ وَعَن شَمَآئِلِهِمْ ۖ وَلَا تَجِدُ أَكْثَرَهُمْ شَٰكِرِينَ ﴿١٧﴾

18. Wathi [u Allah]: "Phuma kuyo [iJana], uhlazekile uqalekisiwe. Nebala lowo kubo oyokulandela, ngiyogcwalisa iJahanamu ngani nonke".

قَالَ ٱخْرُجْ مِنْهَا مَذْءُومًا مَّدْحُورًا ۖ لَّمَن تَبِعَكَ مِنْهُمْ لَأَمْلَأَنَّ جَهَنَّمَ مِنكُمْ أَجْمَعِينَ ﴿١٨﴾

19. Adamu, hlala wena nomkakho eJana, nidle kuyo lapho enithanda khona, kepha ningasondeli kulesihlahla funa nibe ngabaphambukile.

وَيَٰٓـَٔادَمُ ٱسْكُنْ أَنتَ وَزَوْجُكَ ٱلْجَنَّةَ فَكُلَا مِنْ حَيْثُ شِئْتُمَا وَلَا تَقْرَبَا هَٰذِهِ ٱلشَّجَرَةَ فَتَكُونَا مِنَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٩﴾

20. UShayitani wabe esebahlebela ukuze abavezele lokho ababefihlelwe kona ngezitho zabo zangasese, wathi: "iNkosi yenu ininqabela nje lesihlahla ngoba nobabili [uma nidla kuso] niyoba ngamakhosi noma niphile unaphakade"

فَوَسْوَسَ لَهُمَا ٱلشَّيْطَٰنُ لِيُبْدِيَ لَهُمَا مَا وُۥرِيَ عَنْهُمَا مِن سَوْءَٰتِهِمَا وَقَالَ مَا نَهَىٰكُمَا رَبُّكُمَا عَنْ هَٰذِهِ ٱلشَّجَرَةِ إِلَّآ أَن تَكُونَا مَلَكَيْنِ أَوْ تَكُونَا مِنَ ٱلْخَٰلِدِينَ ﴿٢٠﴾

وَقَاسَمَهُمَآ إِنِّي لَكُمَا لَمِنَ ٱلنَّٰصِحِينَ ﴿٢١﴾

21. Wafunga kubo bobabili ukuthi ungumeluleki kubo bobabili.

فَدَلَّىٰهُمَا بِغُرُورٍ ۚ فَلَمَّا ذَاقَا ٱلشَّجَرَةَ بَدَتْ لَهُمَا سَوْءَٰتُهُمَا وَطَفِقَا يَخْصِفَانِ عَلَيْهِمَا مِن وَرَقِ ٱلْجَنَّةِ ۖ وَنَادَىٰهُمَا رَبُّهُمَآ أَلَمْ أَنْهَكُمَا عَن تِلْكُمَا ٱلشَّجَرَةِ وَأَقُل لَّكُمَآ إِنَّ ٱلشَّيْطَٰنَ لَكُمَا عَدُوٌّ مُّبِينٌ ﴿٢٢﴾

22. Kanti wabe ebakhohlisa bobabili. Kwathi lapho bobabili sebedlile esihlahleni izitho zabo zangasese zavela obala, baphuthuma bebhinca amacembe aseJana. Kusenjalo, yabamemeza bobabili iNKosi yabo [yathi]: "Benginganinqabela yini leso sihlahla futhi benginganitshelanga yini ukuthi uShayitani uyisitha soqobo kini nobabili na?"

قَالَا رَبَّنَا ظَلَمْنَآ أَنفُسَنَا وَإِن لَّمْ تَغْفِرْ لَنَا وَتَرْحَمْنَا لَنَكُونَنَّ مِنَ ٱلْخَٰسِرِينَ ﴿٢٣﴾

23. Bathi bobabili [u Adamu noHawa]: "Nkosi yethu, siphambukile sazigwaza ngowethu, kepha uma ungasithetheleli ube nomusa kithi, nakanjani siyoba ngabalahlekelwe".

قَالَ ٱهْبِطُوا۟ بَعْضُكُمْ لِبَعْضٍ عَدُوٌّ ۖ وَلَكُمْ فِى ٱلْأَرْضِ مُسْتَقَرٌّ وَمَتَٰعٌ إِلَىٰ حِينٍ ﴿٢٤﴾

24. Wathi [u Allah]: "Hambani nehle, abanye benu bayoba izitha kwabanye, futhi niyakuhlala emhlabeni ninethezeke okwesikhashana".

قَالَ فِيهَا تَحْيَوْنَ وَفِيهَا تَمُوتُونَ وَمِنْهَا تُخْرَجُونَ ﴿٢٥﴾

25. Wathi [u Allah]: "Niyophila khona [emhlabeni] niphinde nife khona bese nikhishwa khona [emathuneni mhla nivuswa].

يَٰبَنِىٓ ءَادَمَ قَدْ أَنزَلْنَا عَلَيْكُمْ لِبَاسًا يُوَٰرِى سَوْءَٰتِكُمْ وَرِيشًا ۖ وَلِبَاسُ ٱلتَّقْوَىٰ ذَٰلِكَ خَيْرٌ ۚ ذَٰلِكَ مِنْ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ لَعَلَّهُمْ يَذَّكَّرُونَ ﴿٢٦﴾

26. Bantwana baka Adamu, nebala sinehlisele izembatho efihla ingasese lenu niphinde nivunule ngazo. Kepha izembatho ze*Takuwa* [zokuthobela u

Allah][1] yizona ezingcono. Lokho kungezinye zezibonakaliso zika Allah, hleze niqondisise.

27. Bantwana baka Adamu, uShayitani makanganilingi njengoba akhipha abazali benu eJana wabahlubulisa izimpahla zabo efuna ukubabonisa ingasese labo. Nebala yena nohlobo lwakhe bayanibona lapho nina ningababoni. Belu senze amaShayatini abangani balabo abangakholwa.

28. Futhi uma benze ichilo bathi: "Sathola ababa bethu bekwenza[2] futhi no Allah usiyalele ngakho". Yithi: "u Allah akayaleli ngamanyala; ingabe nibhixa u Allah ngeningakwazi nani na?"

29. Yithi: "iNkosi yami iyalela ngobulungiswa; futhi bhekisani amabombo kuwo wonke amaMasajidi nikhuleke kuYe [u Allah] ngokholo olumsulwa. Futhi njengoba anisungula [wanidala] ekuqaleni niyobuyela kuleso simo [emuva kokunivusa ekufeni].

يَٰبَنِيٓ ءَادَمَ لَا يَفۡتِنَنَّكُمُ ٱلشَّيۡطَٰنُ كَمَآ أَخۡرَجَ أَبَوَيۡكُم مِّنَ ٱلۡجَنَّةِ يَنزِعُ عَنۡهُمَا لِبَاسَهُمَا لِيُرِيَهُمَا سَوۡءَٰتِهِمَآۗ إِنَّهُۥ يَرَىٰكُمۡ هُوَ وَقَبِيلُهُۥ مِنۡ حَيۡثُ لَا تَرَوۡنَهُمۡۗ إِنَّا جَعَلۡنَا ٱلشَّيَٰطِينَ أَوۡلِيَآءَ لِلَّذِينَ لَا يُؤۡمِنُونَ ٢٧

وَإِذَا فَعَلُواْ فَٰحِشَةٗ قَالُواْ وَجَدۡنَا عَلَيۡهَآ ءَابَآءَنَا وَٱللَّهُ أَمَرَنَا بِهَاۗ قُلۡ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَأۡمُرُ بِٱلۡفَحۡشَآءِۖ أَتَقُولُونَ عَلَى ٱللَّهِ مَا لَا تَعۡلَمُونَ ٢٨

قُلۡ أَمَرَ رَبِّي بِٱلۡقِسۡطِۖ وَأَقِيمُواْ وُجُوهَكُمۡ عِندَ كُلِّ مَسۡجِدٖ وَٱدۡعُوهُ مُخۡلِصِينَ لَهُ ٱلدِّينَۚ كَمَا بَدَأَكُمۡ تَعُودُونَ ٢٩

1 Izenzo zomuntu yizona zembatho empeleni umuntu aziwa ngazo naduma ngazo ezweni sakhile. Kadeni isaga sasho ukuthi ingwe idla ngamabala. iMusilimu lona lidla ngokuthobela imiyalelo ka Allah empilweni yalo ngenhloso yokuthokozisa uSomandla, yiwonake lamabala iMusilimu elidla ngawo kuMdali walo.

2 Labo abangazimisele ngokwamukela iqiniso, bahlala bevika ngokuthi abafuni ukushiya amasiko ababa mkhulu babo noma lawo masiko kungamanyala ayichilo esintwini; njengokuhambaze, nokuphinga okusekudlangile ngenxa yokuqinisa kwabo amakhanda ngamalobolo amba eqolo, belu njalo bevika ngokuthi usiko lobaba mkhulu.

فَرِيقًا هَدَىٰ وَفَرِيقًا حَقَّ عَلَيْهِمُ ٱلضَّلَٰلَةُ ۚ إِنَّهُمُ ٱتَّخَذُوا۟ ٱلشَّيَٰطِينَ أَوْلِيَآءَ مِن دُونِ ٱللَّهِ وَيَحْسَبُونَ أَنَّهُم مُّهْتَدُونَ ﴿٣٠﴾

30. Kunalabo abaholela endleleni eqondile kanti futhi kunalabo abadelwa ukuduka; kungoba benza amaShayatini izithenjwa zabo[1] ngaphandle kuka Allah, bebe becabanga ukuthi basendleleni eqondile.

يَٰبَنِىٓ ءَادَمَ خُذُوا۟ زِينَتَكُمْ عِندَ كُلِّ مَسْجِدٍ وَكُلُوا۟ وَٱشْرَبُوا۟ وَلَا تُسْرِفُوٓا۟ ۚ إِنَّهُۥ لَا يُحِبُّ ٱلْمُسْرِفِينَ ﴿٣١﴾

31. Bantwana baka Adamu, yibani bahle lapho niya noma kuyiphi iMasijidi, futhi nidle niphuze kepha ningamoshi, ngokuba Yena [u Allah] akabathandi labo abamoshayo.

قُلْ مَنْ حَرَّمَ زِينَةَ ٱللَّهِ ٱلَّتِىٓ أَخْرَجَ لِعِبَادِهِۦ وَٱلطَّيِّبَٰتِ مِنَ ٱلرِّزْقِ ۚ قُلْ هِىَ لِلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا خَالِصَةً يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۗ كَذَٰلِكَ نُفَصِّلُ ٱلْءَايَٰتِ لِقَوْمٍ يَعْلَمُونَ ﴿٣٢﴾

32. Yithi [Muhamadi]: "Ngubani lona onqabela ubuhle buka Allah lobu ahlinzeke ngabo izinceku zaKhe kanye nesondlo esihlanzekile azabele sona na?". Yithi: "Bungobalabo abakholwayo empilweni yasemhlabeni kanti kuyoba ngobabo kuphela ngoSuku lokwaHlulela". Siyicacisa kanjalo imibiko kubantu abanolwazi.

قُلْ إِنَّمَا حَرَّمَ رَبِّىَ ٱلْفَوَٰحِشَ مَا ظَهَرَ مِنْهَا وَمَا بَطَنَ وَٱلْإِثْمَ وَٱلْبَغْىَ بِغَيْرِ ٱلْحَقِّ وَأَن تُشْرِكُوا۟ بِٱللَّهِ مَا لَمْ يُنَزِّلْ بِهِۦ سُلْطَٰنًا وَأَن تَقُولُوا۟ عَلَى ٱللَّهِ مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿٣٣﴾

33. Yithi [Muhamadi]: "Empeleni iNkosi yami inqabele amachilo esidlangalaleni nangasese, nokuphambuka nokuhlukumeza [abanye] ngokungemthetho, nokubhangqa u Allah nalokho angabuphanga ubufakazi ngakho, nokuthi nikhulume ngo Allah lokho eningakwazi nani".

1 Lokhu kwenza amaShayatini izithenjwa, kufaka phakathi ukukhonza amadlozi okungukukhonza amaJini angosomathuba aphezu komshikashika wokudukisa isintu.

وَلِكُلِّ أُمَّةٍ أَجَلٌ ۖ فَإِذَا جَآءَ أَجَلُهُمْ لَا يَسْتَأْخِرُونَ سَاعَةً وَلَا يَسْتَقْدِمُونَ ﴿٣٤﴾

34. Futhi zonke izizwe zinesikhathi [sokufa] ezibekelwe sona, uma sesifika isikhathi sabo angeke baphile ngisho umzuzu owodwa futhi ngeke bafe kusasele umzuzu owodwa.

يَٰبَنِىٓ ءَادَمَ إِمَّا يَأْتِيَنَّكُمْ رُسُلٌ مِّنكُمْ يَقُصُّونَ عَلَيْكُمْ ءَايَٰتِى فَمَنِ ٱتَّقَىٰ وَأَصْلَحَ فَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿٣٥﴾

35. Bantwana baka Adamu, kuyohlala kufika kini iZithunywa ezivela kini zinilandisa ngeMibiko yaMi; ngakhoke labo abayothobela u Allah baphinde benze okuhle, abayikwesaba futhi abayikuba lusizi.

وَٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَا وَٱسْتَكْبَرُوا۟ عَنْهَآ أُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٣٦﴾

36. Futhi labo abaphika iMibiko yeThu baphinde bazigqaje ngayo; yibo kanye labo abayongena eMlilweni babhandle kuwo unaphakade.

فَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّنِ ٱفْتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا أَوْ كَذَّبَ بِـَٔايَٰتِهِۦٓ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ يَنَالُهُمْ نَصِيبُهُم مِّنَ ٱلْكِتَٰبِ ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءَتْهُمْ رُسُلُنَا يَتَوَفَّوْنَهُمْ قَالُوٓا۟ أَيْنَ مَا كُنتُمْ تَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ ۖ قَالُوا۟ ضَلُّوا۟ عَنَّا وَشَهِدُوا۟ عَلَىٰٓ أَنفُسِهِمْ أَنَّهُمْ كَانُوا۟ كَٰفِرِينَ ﴿٣٧﴾

37. Ingabe ubani ophambuke ukudlula lowo oqambela u Allah amanga aluhlaza noma ophika iMibiko yaKhe na? Labo bayothola isabelo sabo ababhalelwe sona, kuze lapho kufika izithunywa [izingelosi] zeThu zithatha imiphefumulo yabo, zithi: "Kuphi lokhu ebenikhuleka kukho ngaphandle kuka Allah na?". Bayothi: "Kusilahlekele". Bheka ngoba bayozifakazela bona uqobo ukuthi babengakholwa.

قَالَ ٱدۡخُلُواْ فِيٓ أُمَمٖ قَدۡ خَلَتۡ مِن
قَبۡلِكُم مِّنَ ٱلۡجِنِّ وَٱلۡإِنسِ فِي ٱلنَّارِۖ
كُلَّمَا دَخَلَتۡ أُمَّةٞ لَّعَنَتۡ أُخۡتَهَاۖ حَتَّىٰٓ
إِذَا ٱدَّارَكُواْ فِيهَا جَمِيعٗا قَالَتۡ أُخۡرَىٰهُمۡ
لِأُولَىٰهُمۡ رَبَّنَا هَٰٓؤُلَآءِ أَضَلُّونَا فَـَٔاتِهِمۡ
عَذَابٗا ضِعۡفٗا مِّنَ ٱلنَّارِۖ قَالَ لِكُلّٖ
ضِعۡفٞ وَلَٰكِن لَّا تَعۡلَمُونَ ٣٨

38. Uyothi [u Allah]: "Ngenani eMlilweni kanye nezinye izizwe ezinandulelayo zamajini nabantu". Kuyothi njalo uma singena [emlilweni] isizwe siqalekise esinguzakwabo [lesi esingene kuqala] zize zilakanyelane kuwo [uMlilo], lesi esokugcina [okungabalandeli] siyothi kulesi esokuqala [okungabaholi nezikhulu]: "Nkosi yethu, laba basidukusile ngakhoke baphe isijeziso somlilo esiphindaphindiwe. Uyothi [u Allah]: "Wonke umuntu unesakhe esiphindiwe, into nje anazi".

وَقَالَتۡ أُولَىٰهُمۡ لِأُخۡرَىٰهُمۡ فَمَا كَانَ لَكُمۡ
عَلَيۡنَا مِن فَضۡلٖ فَذُوقُواْ ٱلۡعَذَابَ بِمَا
كُنتُمۡ تَكۡسِبُونَ ٣٩

39. Siyothi esokuqala [okungabaholi] kwesokugcina [okungabalandeli]: "Cha, aningcono ngalutho kithi, ngakhoke sizweni isijeziso ngenxa yemisebenzi yenu".

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا وَٱسۡتَكۡبَرُواْ
عَنۡهَا لَا تُفَتَّحُ لَهُمۡ أَبۡوَٰبُ ٱلسَّمَآءِ
وَلَا يَدۡخُلُونَ ٱلۡجَنَّةَ حَتَّىٰ يَلِجَ ٱلۡجَمَلُ
فِي سَمِّ ٱلۡخِيَاطِۚ وَكَذَٰلِكَ نَجۡزِي
ٱلۡمُجۡرِمِينَ ٤٠

40. Nebala, labo abaphika iMibiko yethu baphinde bazigqaje ngayo, angeke bavulelwe iminyango yezulu futhi angeke bangene eJana kuze kube kungena ikameli embotsheni yenalidi; sizijezisa kanjalo izigilamkhuba.

لَهُم مِّن جَهَنَّمَ مِهَادٞ وَمِن فَوۡقِهِمۡ
غَوَاشٖۚ وَكَذَٰلِكَ نَجۡزِي ٱلظَّٰلِمِينَ ٤١

41. EJahanamu bayondlalelwa icansi [lomlilo] kuthi ngaphezulu bambozwe umthunzi [welangabi]; sibajezisa kanjalo abaphambukayo.

42. Kuthi labo abakholwayo baphinde benze okuhle – asimthwezi umuntu umthwalo ongaphezu kwakhe – yibona labo abayongena eJana, bahlale khona unaphakade.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَا نُكَلِّفُ نَفْسًا إِلَّا وُسْعَهَآ أُوْلَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلْجَنَّةِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٤٢﴾

43. Futhi siyisusa konke okungamagqubu [umona, imidlinzo, njll.] ezinhlizweni zabo, imifula iyobe igeleza ngenzansi kwabo. Bayothi: "Udumo lungoluka Allah, Lona osiholele kulokhu nakuba besingeke siholeleke ukube u Allah akasiholanga. Nebala zafika iZithunywa zeNkosi yethu neqiniso". Bayobe sebemenyezelwa ukuthi: "Leyo Jana [enikuyo] niyinikwe ngenxa yezenzo zenu".

وَنَزَعْنَا مَا فِى صُدُورِهِم مِّنْ غِلٍّ تَجْرِى مِن تَحْتِهِمُ ٱلْأَنْهَٰرُ ۖ وَقَالُواْ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ ٱلَّذِى هَدَىٰنَا لِهَٰذَا وَمَا كُنَّا لِنَهْتَدِىَ لَوْلَآ أَنْ هَدَىٰنَا ٱللَّهُ ۖ لَقَدْ جَآءَتْ رُسُلُ رَبِّنَا بِٱلْحَقِّ ۖ وَنُودُوٓاْ أَن تِلْكُمُ ٱلْجَنَّةُ أُورِثْتُمُوهَا بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٤٣﴾

44. Laba abaseJana bayomemeza labo abaseJahanamu, bathi: "Nebala sikuthole kuyiqinso lokhu iNkosi yethu ebesithembiso kona, ingabe nina nikuthole kuyiqino yini lokhu iNkosi yenu ebenithembise kona na?". Bayothi: "Yebo kunjalo". Isimemezi siyomemeza phakathi kwabo sithi: "Isiqalekiso sika Allah masibe kulabo abaphambukile".

وَنَادَىٰٓ أَصْحَٰبُ ٱلْجَنَّةِ أَصْحَٰبَ ٱلنَّارِ أَن قَدْ وَجَدْنَا مَا وَعَدَنَا رَبُّنَا حَقًّا فَهَلْ وَجَدتُّم مَّا وَعَدَ رَبُّكُمْ حَقًّا ۖ قَالُواْ نَعَمْ ۚ فَأَذَّنَ مُؤَذِّنٌۢ بَيْنَهُمْ أَن لَّعْنَةُ ٱللَّهِ عَلَى ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٤٤﴾

45. Labo ababevimbela [abanye] endleleni ka Allah baphinde balangazelele ukube ibe nokugwemba, [bakwenza konke lokhu] abakholwa kweLizayo.

ٱلَّذِينَ يَصُدُّونَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ وَيَبْغُونَهَا عِوَجًا وَهُم بِٱلْءَاخِرَةِ كَٰفِرُونَ ﴿٤٥﴾

وَبَيْنَهُمَا حِجَابٌ ۚ وَعَلَى ٱلْأَعْرَافِ رِجَالٌ يَعْرِفُونَ كُلًّۢا بِسِيمَىٰهُمْ ۚ وَنَادَوْا۟ أَصْحَٰبَ ٱلْجَنَّةِ أَن سَلَٰمٌ عَلَيْكُمْ ۚ لَمْ يَدْخُلُوهَا وَهُمْ يَطْمَعُونَ ﴿٤٦﴾

46. Phakathi kwabo [abaseJana naseJahanamu] kunomthangala, [kulomthangala] i-A'arafu kunamadoda abazi bonke [abantu, baseJana neJahanamu] ngezimpawu zabo. Bayobiza abaseJana [bathi]: "Ukuthula makube kini" - abangena kuyo [iJana] nakuba beyiangazelela.

* وَإِذَا صُرِفَتْ أَبْصَٰرُهُمْ تِلْقَآءَ أَصْحَٰبِ ٱلنَّارِ قَالُوا۟ رَبَّنَا لَا تَجْعَلْنَا مَعَ ٱلْقَوْمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٤٧﴾

47. Uma amehlo abo ebhekiswa ngakwabaseJahanamu, bathi: "Nkosi yethu ungasenzi sibe kanye nabantu abaphambukile".

وَنَادَىٰٓ أَصْحَٰبُ ٱلْأَعْرَافِ رِجَالًا يَعْرِفُونَهُم بِسِيمَىٰهُمْ قَالُوا۟ مَآ أَغْنَىٰ عَنكُمْ جَمْعُكُمْ وَمَا كُنتُمْ تَسْتَكْبِرُونَ ﴿٤٨﴾

48. Labo abakumthangala i-A'arafu bayobiza amadoda abayowabona ngezimpawu zabo, bathi: "Konke lokhu ebenikuqoqa nalokhu ebenizigqaja ngakho akunisizanga ngalutho".

أَهَٰٓؤُلَآءِ ٱلَّذِينَ أَقْسَمْتُمْ لَا يَنَالُهُمُ ٱللَّهُ بِرَحْمَةٍ ۚ ٱدْخُلُوا۟ ٱلْجَنَّةَ لَا خَوْفٌ عَلَيْكُمْ وَلَآ أَنتُمْ تَحْزَنُونَ ﴿٤٩﴾

49. Ingabe yibona yini laba [abangene eJana] enafunga nagomela ukuthi u Allah akasoze abe nomusa kubo na?. [Kuyothiwa kulabo abasemthangaleni]: "Ngenani eJana, aniyukwesaba futhi aniyikuba lusizi".

وَنَادَىٰٓ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ أَصْحَٰبَ ٱلْجَنَّةِ أَنْ أَفِيضُوا۟ عَلَيْنَا مِنَ ٱلْمَآءِ أَوْ مِمَّا رَزَقَكُمُ ٱللَّهُ ۚ قَالُوٓا۟ إِنَّ ٱللَّهَ حَرَّمَهُمَا عَلَى ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٥٠﴾

50. AbaseJahanamu bayobiza abaseJana, [bathi]: "Akenisinanele amanzi noma kulokho u Allah anabele kona". [Bayothi]: "u Allah ukunqabele kokubili kulabo abangakholwa".

51. Labo abathathe ukholo lwabo njengento yokuchitha isikhathi nomdlalo, baphinde bayengwa impilo yomhlaba. Namhlanje Siyabalibala njengoba nabo balibala lomhlangano waloluSuku lwabo, futhi nangenxa yokuchitha iMibiko yethu.

ٱلَّذِينَ ٱتَّخَذُواْ دِينَهُمۡ لَهۡوٗا وَلَعِبٗا وَغَرَّتۡهُمُ ٱلۡحَيَوٰةُ ٱلدُّنۡيَاۚ فَٱلۡيَوۡمَ نَنسَىٰهُمۡ كَمَا نَسُواْ لِقَآءَ يَوۡمِهِمۡ هَٰذَا وَمَا كَانُواْ بِـَٔايَٰتِنَا يَجۡحَدُونَ ٥١

52. Futhi Sabalethela iNcwadi esayicacisa ngolwazi, ukuze ibe umhlanhlandlela nomusa kubantu abakholwayo.

وَلَقَدۡ جِئۡنَٰهُم بِكِتَٰبٖ فَصَّلۡنَٰهُ عَلَىٰ عِلۡمٍ هُدٗى وَرَحۡمَةٗ لِّقَوۡمٖ يُؤۡمِنُونَ ٥٢

53. Ingabe balinde ukuba kwenzeke na? Ngosuku lapho kuyokwenzeka khona, bayothi labo abakushaya indiva phambilini: "Nebala, zafika iZithunywa zeNkosi yethu neqiniso. Ingabe bakhona abangasikhulumela basishwelezele noma nje sibuyele emuva ukuze ngokwahlukile kulokho ebesikwenza na?" Empeleni bazilahlekelisele bona uqobo baphinde balahlekelwa yilokho ababeziqambele kona [ngezikhonzwa zabo].

هَلۡ يَنظُرُونَ إِلَّا تَأۡوِيلَهُۥۚ يَوۡمَ يَأۡتِي تَأۡوِيلُهُۥ يَقُولُ ٱلَّذِينَ نَسُوهُ مِن قَبۡلُ قَدۡ جَآءَتۡ رُسُلُ رَبِّنَا بِٱلۡحَقِّ فَهَل لَّنَا مِن شُفَعَآءَ فَيَشۡفَعُواْ لَنَآ أَوۡ نُرَدُّ فَنَعۡمَلَ غَيۡرَ ٱلَّذِي كُنَّا نَعۡمَلُۚ قَدۡ خَسِرُوٓاْ أَنفُسَهُمۡ وَضَلَّ عَنۡهُم مَّا كَانُواْ يَفۡتَرُونَ ٥٣

54. Nebala iNkosi yenu ngu Allah, lona owadala amazulu nomhlaba ezinsukwini eziyisithupha wabe esephakamela eSihlalweni. Umboza imini ngobusuku ngokulandelana okusheshayo; futhi [wadala] ilanga nenyanga nezinkanyezi, konke kulawula

إِنَّ رَبَّكُمُ ٱللَّهُ ٱلَّذِي خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَ فِي سِتَّةِ أَيَّامٖ ثُمَّ ٱسۡتَوَىٰ عَلَى ٱلۡعَرۡشِۖ يُغۡشِي ٱلَّيۡلَ ٱلنَّهَارَ يَطۡلُبُهُۥ حَثِيثٗا وَٱلشَّمۡسَ وَٱلۡقَمَرَ وَٱلنُّجُومَ مُسَخَّرَٰتِۭ بِأَمۡرِهِۦٓۗ أَلَا لَهُ ٱلۡخَلۡقُ وَٱلۡأَمۡرُۗ تَبَارَكَ ٱللَّهُ رَبُّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ٥٤

nguYe. Bheka ngoba ukudala nokulawula kungokwaKhe. Ubusisekile u Allah iNkosi yezizwe zonke.

ٱدْعُوا۟ رَبَّكُمْ تَضَرُّعًا وَخُفْيَةً ۚ إِنَّهُۥ لَا يُحِبُّ ٱلْمُعْتَدِينَ ﴿٥٥﴾

55. Khulekani eNkosini yenu ngokuzithoba buthule, ngokuba ayibathandi labo abayiziphulamthetho.

وَلَا تُفْسِدُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ بَعْدَ إِصْلَٰحِهَا وَٱدْعُوهُ خَوْفًا وَطَمَعًا ۚ إِنَّ رَحْمَتَ ٱللَّهِ قَرِيبٌ مِّنَ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٥٦﴾

56. Futhi ningenzi ukuphambuka emhlabeni emuva kokuba usulungisiwe. Belu nikhuleke kuYo [iNkosi yenu] ngokwesaba nangethemba; ngokuba umusa ka Allah useduze nalabo abenza okuhle.

وَهُوَ ٱلَّذِى يُرْسِلُ ٱلرِّيَٰحَ بُشْرًۢا بَيْنَ يَدَىْ رَحْمَتِهِۦٓ ۖ حَتَّىٰٓ إِذَآ أَقَلَّتْ سَحَابًا ثِقَالًا سُقْنَٰهُ لِبَلَدٍ مَّيِّتٍ فَأَنزَلْنَا بِهِ ٱلْمَآءَ فَأَخْرَجْنَا بِهِۦ مِن كُلِّ ٱلثَّمَرَٰتِ ۚ كَذَٰلِكَ نُخْرِجُ ٱلْمَوْتَىٰ لَعَلَّكُمْ تَذَكَّرُونَ ﴿٥٧﴾

57. Futhi nguYena oletha umoya njengebika lezindaba ezinhle wandulela umusa [imvula] waKhe, uthwele ifu elisindayo [lemvula] esiletha ngalo amanzi endaweni efile [ngenxa yesomiso], sibe sesehlisela amanzi kuyo sikhiqize ngawo [amanzi] zonke izinhlobo zezithelo. Siyobavusa kanjalo abafileyo; hleze nizoqondisisa.

وَٱلْبَلَدُ ٱلطَّيِّبُ يَخْرُجُ نَبَاتُهُۥ بِإِذْنِ رَبِّهِۦ ۖ وَٱلَّذِى خَبُثَ لَا يَخْرُجُ إِلَّا نَكِدًا ۚ كَذَٰلِكَ نُصَرِّفُ ٱلْءَايَٰتِ لِقَوْمٍ يَشْكُرُونَ ﴿٥٨﴾

58. Futhi indawo enhle, izitshalo zayo ziyakhula ngemvumo yeNkosi yayo [indawo], kepha kwembi [indawo] ziphuma kanzima. Siyicacisa kanjalo iMibiko kubantu ababongayo

59. Nebala, sathumela u*Nuhu* kubantu bakhe, wathi: "Bakwethu, khonzani u Allah, ngokuba akekho ofanelwe ukuba nimkhonze ngaphande kwaKhe. Impela nginesabela isijeziso soSuku olunzima".

لَقَدْ أَرْسَلْنَا نُوحًا إِلَىٰ قَوْمِهِۦ فَقَالَ يَٰقَوْمِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ مَا لَكُم مِّنْ إِلَٰهٍ غَيْرُهُۥٓ ۖ إِنِّىٓ أَخَافُ عَلَيْكُمْ عَذَابَ يَوْمٍ عَظِيمٍ ﴿٥٩﴾

60. Izikhulu kubantu bakubo zathi: "Imbala sikubona usekudukeni okusobala".

قَالَ ٱلْمَلَأُ مِن قَوْمِهِۦٓ إِنَّا لَنَرَىٰكَ فِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٦٠﴾

61. Wathi [*uNuhu*]: Bakwethu angidukile mina, kepha ngiyiSithunywa esivela eNkosini yezizwe zonke".

قَالَ يَٰقَوْمِ لَيْسَ بِى ضَلَٰلَةٌ وَلَٰكِنِّى رَسُولٌ مِّن رَّبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٦١﴾

62. Nginethulela iMibiko yeNkosi yami futhi ngiyaneluleka, nginjalo nje ngazi ngo Allah lokho eningakwazi.

أُبَلِّغُكُمْ رِسَٰلَٰتِ رَبِّى وَأَنصَحُ لَكُمْ وَأَعْلَمُ مِنَ ٱللَّهِ مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿٦٢﴾

63. Kumbe, nimangazwa ukuthi isikhumbuzo esivela eNkosini yenu sifika nendoda engomunye wenu ukuze inexwayise, ukuze nani nithobele uAllah funa nithole umusa.

أَوَعَجِبْتُمْ أَن جَآءَكُمْ ذِكْرٌ مِّن رَّبِّكُمْ عَلَىٰ رَجُلٍ مِّنكُمْ لِيُنذِرَكُمْ وَلِتَتَّقُوا۟ وَلَعَلَّكُمْ تُرْحَمُونَ ﴿٦٣﴾

64. Bamuphika njengonamanga; kepha Samhlenga yena nalabo ayekanye nabo emkhunjini, sabe sesigwilisa labo abaphika iMibiko yeThu; impela babengabantu abayizimpumputhe.

فَكَذَّبُوهُ فَأَنجَيْنَٰهُ وَٱلَّذِينَ مَعَهُۥ فِى ٱلْفُلْكِ وَأَغْرَقْنَا ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَآ ۖ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ قَوْمًا عَمِينَ ﴿٦٤﴾

65. Nasesizweni sakwa *Adi* Sabathumela umfowabo u*Hudi*, owathi: "Bakwethu, khonzani u Allah ngokuba akekho ofanelwe

* وَإِلَىٰ عَادٍ أَخَاهُمْ هُودًا ۚ قَالَ يَٰقَوْمِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ مَا لَكُم مِّنْ إِلَٰهٍ غَيْرُهُۥٓ ۚ أَفَلَا تَتَّقُونَ ﴿٦٥﴾

ukuba nimkhonze ngaphandle kwaKhe; kungani ningamthobeli u Allah na?"

قَالَ ٱلْمَلَأُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِن قَوْمِهِۦٓ إِنَّا لَنَرَىٰكَ فِى سَفَاهَةٍ وَإِنَّا لَنَظُنُّكَ مِنَ ٱلْكَٰذِبِينَ ﴿٦٦﴾

66. Izikhulu lezi ezingakholwa kubantu bakubo zathi: "Sikubona unobuphukuphuku futhi sicabanga ukuthi uqamba amanga".

قَالَ يَٰقَوْمِ لَيْسَ بِى سَفَاهَةٌ وَلَٰكِنِّى رَسُولٌ مِّن رَّبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٦٧﴾

67. Wathi: "Bakwethu, anginabuphukuphuku kepha ngiyiSithunywa esivela eNkosini yezizwe zonke".

أُبَلِّغُكُمْ رِسَٰلَٰتِ رَبِّى وَأَنَا۠ لَكُمْ نَاصِحٌ أَمِينٌ ﴿٦٨﴾

68. Nginethulela iMibiko yeNkosi yami futhi ngingumeluleki othembekile kini.

أَوَعَجِبْتُمْ أَن جَآءَكُمْ ذِكْرٌ مِّن رَّبِّكُمْ عَلَىٰ رَجُلٍ مِّنكُمْ لِيُنذِرَكُمْ ۚ وَٱذْكُرُوٓا۟ إِذْ جَعَلَكُمْ خُلَفَآءَ مِنۢ بَعْدِ قَوْمِ نُوحٍ وَزَادَكُمْ فِى ٱلْخَلْقِ بَصْۜطَةً ۖ فَٱذْكُرُوٓا۟ ءَالَآءَ ٱللَّهِ لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿٦٩﴾

69. Kumbe, nimangazwa ukuthi isikhumbuzo esivela eNkosini yenu sifika nendoda engomunye wenu ukuze inexwayise. Khumbulani mhla enibeka njengesizukulwane emuva kwabantu bakaNuhu, waphinde wanandisela ngesakhiwo somzimba; ngakhoke khumbulani izibusiso zika Allah hleze niphumelele.

قَالُوٓا۟ أَجِئْتَنَا لِنَعْبُدَ ٱللَّهَ وَحْدَهُۥ وَنَذَرَ مَا كَانَ يَعْبُدُ ءَابَآؤُنَا ۖ فَأْتِنَا بِمَا تَعِدُنَآ إِن كُنتَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿٧٠﴾

70. Zathi [izikhulu]: "Ingabe uze kithi ukuba sikhonze u Allah Yena yedwa vo, siyeke lokho obekukhonzwa ngobabamkhulu bethu na? Ungasilethela lokhu ode usithembisa kona uma uqinisile.

71. Wathi: "Nebala senehlelwe isijeziso nentukuthelo okuvela eNkosini yenu. Niphikana nami ngamagama eniziqambele wona nina ngokwenu kanye noyihlomkhulu, lawa u Allah engambulelanga bufakazi ngawo. Ngakhoke lindani, nami ngilindile kanye nani".

قَالَ قَدْ وَقَعَ عَلَيْكُم مِّن رَّبِّكُمْ رِجْسٌ وَغَضَبٌ ۖ أَتُجَٰدِلُونَنِى فِىٓ أَسْمَآءٍ سَمَّيْتُمُوهَآ أَنتُمْ وَءَابَآؤُكُم مَّا نَزَّلَ ٱللَّهُ بِهَا مِن سُلْطَٰنٍ ۚ فَٱنتَظِرُوٓا۟ إِنِّى مَعَكُم مِّنَ ٱلْمُنتَظِرِينَ ﴿٧١﴾

72. Sabe sesimhlenga yena nalabo ababekanye naye ngomusa weThu, sanqamula ulibo lwalabo abaphika iMibiko yethu futhi babengebona abakholwayo.

فَأَنجَيْنَٰهُ وَٱلَّذِينَ مَعَهُۥ بِرَحْمَةٍ مِّنَّا وَقَطَعْنَا دَابِرَ ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَا ۖ وَمَا كَانُوا۟ مُؤْمِنِينَ ﴿٧٢﴾

73. Nasesizweni sakwa Tamudi Sabathumela umfowabo uSwalihi, owathi: "Bakwethu, khonzani u Allah ngokuba akekho ofanelwe ukuba nimkhonze ngaphandle kwaKhe. Nebala zifikile kini izibonakaliso ezivela eNkosini yenu; [bhekhani nje] nali ikameli lika Allah eliyisibonakaliso kini, ngakhoke liyekeleni lidle emhlabeni ka Allah ningalenzi okubi funa nishaywe isijeziso esibuhlungu".

وَإِلَىٰ ثَمُودَ أَخَاهُمْ صَٰلِحًا ۚ قَالَ يَٰقَوْمِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ مَا لَكُم مِّنْ إِلَٰهٍ غَيْرُهُۥ ۖ قَدْ جَآءَتْكُم بَيِّنَةٌ مِّن رَّبِّكُمْ ۖ هَٰذِهِۦ نَاقَةُ ٱللَّهِ لَكُمْ ءَايَةً ۖ فَذَرُوهَا تَأْكُلْ فِىٓ أَرْضِ ٱللَّهِ ۖ وَلَا تَمَسُّوهَا بِسُوٓءٍ فَيَأْخُذَكُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٧٣﴾

74. Nikhumbule mhla enibeka njengesizukulwane emuva kwabantu bakwa Adi futhi wanenzela kwaba lula ukwakha emhlabeni; nikwazi ukwakha izithabathaba emaqeleni awo futhi benibaza izindlu ezintabeni; ngakhoke

وَٱذْكُرُوٓا۟ إِذْ جَعَلَكُمْ خُلَفَآءَ مِنۢ بَعْدِ عَادٍ وَبَوَّأَكُمْ فِى ٱلْأَرْضِ تَتَّخِذُونَ مِن سُهُولِهَا قُصُورًا وَتَنْحِتُونَ ٱلْجِبَالَ بُيُوتًا ۖ فَٱذْكُرُوٓا۟ ءَالَآءَ ٱللَّهِ وَلَا تَعْثَوْا۟ فِى ٱلْأَرْضِ مُفْسِدِينَ ﴿٧٤﴾

khumbulani izibusiso zika Allah futhi ningabi abonayo emhlabeni.

75. Izikhulu lezi ezizigqajayo kubantu bakubo, zathi kulaba abakholwa kulabo ababethathelwa phansi: "Ingabe ninesiqiniseko sokuthi uSwalihi uthunywe iNkosi yakhe na?" Bathi [abakholwayo]: "Thina siyakholelwa kulokho athunywe nakho."

قَالَ ٱلْمَلَأُ ٱلَّذِينَ ٱسْتَكْبَرُوا۟ مِن قَوْمِهِۦ لِلَّذِينَ ٱسْتُضْعِفُوا۟ لِمَنْ ءَامَنَ مِنْهُمْ أَتَعْلَمُونَ أَنَّ صَٰلِحًا مُّرْسَلٌ مِّن رَّبِّهِۦ ۚ قَالُوٓا۟ إِنَّا بِمَآ أُرْسِلَ بِهِۦ مُؤْمِنُونَ ﴿٧٥﴾

76. Laba abazigqajayo bathi: "Thinake asikholelwa kulokho enikholelwa kukho".

قَالَ ٱلَّذِينَ ٱسْتَكْبَرُوٓا۟ إِنَّا بِٱلَّذِىٓ ءَامَنتُم بِهِۦ كَٰفِرُونَ ﴿٧٦﴾

77. Base sebelihlaba ikameli baphula umyalelo weNkosi yabo, baphinda bathi: "We Swalihi, silethele phela lokhu obukade usithembisa kona uma ngempela ungomunye weZithunywa".

فَعَقَرُوا۟ ٱلنَّاقَةَ وَعَتَوْا۟ عَنْ أَمْرِ رَبِّهِمْ وَقَالُوا۟ يَٰصَٰلِحُ ٱئْتِنَا بِمَا تَعِدُنَآ إِن كُنتَ مِنَ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿٧٧﴾

78. Bashaywa ukuzamazama okunzima balala uyaca emzini wabo bequlusile.

فَأَخَذَتْهُمُ ٱلرَّجْفَةُ فَأَصْبَحُوا۟ فِى دَارِهِمْ جَٰثِمِينَ ﴿٧٨﴾

79. Wabashiya kanjalo, wathi: "Bakwethu, nebala nginethulele uMbiko weNkosi yami ngaphinde nganeluleka kepha nina, anibethandi abaluleki".

فَتَوَلَّىٰ عَنْهُمْ وَقَالَ يَٰقَوْمِ لَقَدْ أَبْلَغْتُكُمْ رِسَالَةَ رَبِّى وَنَصَحْتُ لَكُمْ وَلَٰكِن لَّا تُحِبُّونَ ٱلنَّٰصِحِينَ ﴿٧٩﴾

80. Futhi noLuti samthumela. Khumbula mhla ethi kubantu bakubo: "Nenza amanyala? akekho noyedwa owake wawenza ngaphambi kwenu ezizweni zonke".

وَلُوطًا إِذْ قَالَ لِقَوْمِهِۦٓ أَتَأْتُونَ ٱلْفَٰحِشَةَ مَا سَبَقَكُم بِهَا مِنْ أَحَدٍ مِّنَ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٨٠﴾

إِنَّكُمْ لَتَأْتُونَ ٱلرِّجَالَ شَهْوَةً مِّن دُونِ ٱلنِّسَآءِ ۚ بَلْ أَنتُمْ قَوْمٌ مُّسْرِفُونَ ﴿٨١﴾

81. "Bheka ngoba nikhanuka abesilisa niyeke abesifazane; empeleni ningabantu abayiziphula mthetho".

وَمَا كَانَ جَوَابَ قَوْمِهِۦٓ إِلَّآ أَن قَالُوٓا۟ أَخْرِجُوهُم مِّن قَرْيَتِكُمْ ۖ إِنَّهُمْ أُنَاسٌ يَتَطَهَّرُونَ ﴿٨٢﴾

82. Impendulo yabantu bakubo kwaba nje ukuthi bathi: "Bakhipheni endaweni yenu, ngokuba bangabantu abazenza abamsulwa".

فَأَنجَيْنَٰهُ وَأَهْلَهُۥٓ إِلَّا ٱمْرَأَتَهُۥ كَانَتْ مِنَ ٱلْغَٰبِرِينَ ﴿٨٣﴾

83. Sabe sesimhlenga yena [uLuti] nomndeni wakhe ngaphandle komkakhe yena owaba kanye nababhubha.

وَأَمْطَرْنَا عَلَيْهِم مَّطَرًا ۖ فَٱنظُرْ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلْمُجْرِمِينَ ﴿٨٤﴾

84. Sehlisela phezu kwabo imvula [yesijeziso]. Ngakhoke bheka isiphetho sezigilamkhuba.

وَإِلَىٰ مَدْيَنَ أَخَاهُمْ شُعَيْبًا ۚ قَالَ يَٰقَوْمِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ مَا لَكُم مِّنْ إِلَٰهٍ غَيْرُهُۥ ۖ قَدْ جَآءَتْكُم بَيِّنَةٌ مِّن رَّبِّكُمْ ۖ فَأَوْفُوا۟ ٱلْكَيْلَ وَٱلْمِيزَانَ وَلَا تَبْخَسُوا۟ ٱلنَّاسَ أَشْيَآءَهُمْ وَلَا تُفْسِدُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ بَعْدَ إِصْلَٰحِهَا ۚ ذَٰلِكُمْ خَيْرٌ لَّكُمْ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٨٥﴾

85. Nasesizweni saseMadiyana, sathumela umfowabo uShu'ayibu, wathi: "Bakwethu, khonzani u Allah ngokuba akekho ofanele ukuba nimkhonze ngaphandle kwaKhe. Nebala bufikile kini ubufakazi obuvela eNkosini yenu; ngakhoke gcwalisani izikali ngokufanele futhi ningaqoli abantu impahla yabo bese ningenzi ukuphambuka emhlabeni emuva kokuba usulungusiwe; yikona lokho okungcono kini uma ningabakholwayo".

وَلَا تَقْعُدُواْ بِكُلِّ صِرَٰطٍ تُوعِدُونَ وَتَصُدُّونَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ مَنْ ءَامَنَ بِهِۦ وَتَبْغُونَهَا عِوَجًا ۚ وَٱذْكُرُوٓاْ إِذْ كُنتُمْ قَلِيلًا فَكَثَّرَكُمْ ۖ وَٱنظُرُواْ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿٨٦﴾

86. "Futhi ningalokhu nihlala kuzo izindlela nisabisa futhi nivimba endleleni ka Allah labo abakholelwa kuYe futhi ningafuni ukuyibona igwembile. Nikhumbule mhla niyidlanzana [u Allah] wanandisa futhi nibheke ukuthi sabanjani isiphetho sabaphambukayo".

وَإِن كَانَ طَآئِفَةٌ مِّنكُمْ ءَامَنُواْ بِٱلَّذِىٓ أُرْسِلْتُ بِهِۦ وَطَآئِفَةٌ لَّمْ يُؤْمِنُواْ فَٱصْبِرُواْ حَتَّىٰ يَحْكُمَ ٱللَّهُ بَيْنَنَا ۚ وَهُوَ خَيْرُ ٱلْحَٰكِمِينَ ﴿٨٧﴾

87. "Futhi uma kukhona abakholelwa kulokho engithunywe nakho, nalabo abangakholwa; bekezelani kuze kube u Allah uyehlulela phakathi kwethu, phela nguYena uMehluleli ovelele".

* قَالَ ٱلْمَلَأُ ٱلَّذِينَ ٱسْتَكْبَرُواْ مِن قَوْمِهِۦ لَنُخْرِجَنَّكَ يَٰشُعَيْبُ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مَعَكَ مِن قَرْيَتِنَآ أَوْ لَتَعُودُنَّ فِى مِلَّتِنَا ۚ قَالَ أَوَلَوْ كُنَّا كَٰرِهِينَ ﴿٨٨﴾

88. Izikhulu lezi ezizigqajayo zathi: "We Shu'ayibu, sixosha wena nalaba okholwa nabo endaweni yethu okukanye nibuyele enkolweni yethu". Wathi: "Ngisho noma singafuni na?"

قَدِ ٱفْتَرَيْنَا عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا إِنْ عُدْنَا فِى مِلَّتِكُم بَعْدَ إِذْ نَجَّىٰنَا ٱللَّهُ مِنْهَا ۚ وَمَا يَكُونُ لَنَآ أَن نَّعُودَ فِيهَآ إِلَّآ أَن يَشَآءَ ٱللَّهُ رَبُّنَا ۚ وَسِعَ رَبُّنَا كُلَّ شَىْءٍ عِلْمًا ۚ عَلَى ٱللَّهِ تَوَكَّلْنَا ۚ رَبَّنَا ٱفْتَحْ بَيْنَنَا وَبَيْنَ قَوْمِنَا بِٱلْحَقِّ وَأَنتَ خَيْرُ ٱلْفَٰتِحِينَ ﴿٨٩﴾

89. "Siyobe sesiqambele u Allah amanga aluhlaza uma sibuyela enkolweni emuva kokuba u Allah esihlengile kuyo. Cha, angeke sibuyele kuyo ngaphandle-ke uma u Allah ethanda, bheka ngoba iNkosi yethu yengamele yonke into ngolwazi. Sesithembele ku Allah. Nkosi yethu, yehlulela ngeqiniso phakathi kwethu nabantu bakithi, ngokuba Wena ungumehluleli ovelele".

وَقَالَ ٱلْمَلَأُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِن قَوْمِهِۦ لَئِنِ ٱتَّبَعْتُمْ شُعَيْبًا إِنَّكُمْ إِذًا لَّخَٰسِرُونَ ﴿٩٠﴾

90. Izikhulu lezi ezingakholwa kubantu bakubo zathi: "Uma nje nike nalandela uShu'ayibu, nakanjani niyolahlekelwa".

فَأَخَذَتْهُمُ ٱلرَّجْفَةُ فَأَصْبَحُوا۟ فِى دَارِهِمْ جَٰثِمِينَ ﴿٩١﴾

91. Bashaywa ukuzamazama okunzima balala uyaca emzini wabo bequlusile.

ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ شُعَيْبًا كَأَن لَّمْ يَغْنَوْا۟ فِيهَا ۚ ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ شُعَيْبًا كَانُوا۟ هُمُ ٱلْخَٰسِرِينَ ﴿٩٢﴾

92. Labo abaphikisa uSha'ayibu kwaba ngathi abakaze bahlale khona. Labo abaphika uSha'ayibu yibona kanye abalahlekelwa.

فَتَوَلَّىٰ عَنْهُمْ وَقَالَ يَٰقَوْمِ لَقَدْ أَبْلَغْتُكُمْ رِسَٰلَٰتِ رَبِّى وَنَصَحْتُ لَكُمْ ۖ فَكَيْفَ ءَاسَىٰ عَلَىٰ قَوْمٍ كَٰفِرِينَ ﴿٩٣﴾

93. Washiya kanjalo, wathi: "Bakwethu, ngempela nginethulele iMibiko yeNkosi yammi ngaphinda nganeluleka, ngingabazwela kanjanike abantu abangakholwa na?"

وَمَآ أَرْسَلْنَا فِى قَرْيَةٍ مِّن نَّبِىٍّ إِلَّآ أَخَذْنَآ أَهْلَهَا بِٱلْبَأْسَآءِ وَٱلضَّرَّآءِ لَعَلَّهُمْ يَضَّرَّعُونَ ﴿٩٤﴾

94. Futhi njalo nje uma sithumela iSithunywa endaweni sasijezisa bantu bakhona ngenhlupheko nangezifo, ukuze bazithobe.

ثُمَّ بَدَّلْنَا مَكَانَ ٱلسَّيِّئَةِ ٱلْحَسَنَةَ حَتَّىٰ عَفَوا۟ وَّقَالُوا۟ قَدْ مَسَّ ءَابَآءَنَا ٱلضَّرَّآءُ وَٱلسَّرَّآءُ فَأَخَذْنَٰهُم بَغْتَةً وَهُمْ لَا يَشْعُرُونَ ﴿٩٥﴾

95. Emuva kwalokho siguqule okubi ngokuhle baze bande, bese bethi: "Obabamkhulu nabo behlelwa ubunzima nobumnandi". Kuthi kusenjalo sibajezise bengazelele futhi benganakile[1].

1 Izibhicongo nezinhlekelele zemvelo, ezinye zezindlela uMdali u Allah avusa ngazo isintu ekuphambukweni kwaso nentando yaKhe. Kepha labo abangazihluphi ngokuthobela uMdali, bathatha lezigameko njengenhlala yenza namahlala khona, baqhubele nempilo kuze kube kufika isikhathi lapho bejeziswa khona benganakile.

96. Ukuba nje abantu bendawo bakholwa baphinde bazithiba, sasizobavulela izibusiso ezivela ezulwini nasemhlabeni, kepha bpna baphika, sabe-ke sesibajezisa ngemisebenzi yabo.

وَلَوْ أَنَّ أَهْلَ ٱلْقُرَىٰٓ ءَامَنُوا۟ وَٱتَّقَوْا۟ لَفَتَحْنَا عَلَيْهِم بَرَكَٰتٍ مِّنَ ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ وَلَٰكِن كَذَّبُوا۟ فَأَخَذْنَٰهُم بِمَا كَانُوا۟ يَكْسِبُونَ ﴿٩٦﴾

97. Ingabe abantu bendawo bazizwa bephephile yini esijezisweni seThu esingabafikela ebusuku belele na?

أَفَأَمِنَ أَهْلُ ٱلْقُرَىٰٓ أَن يَأْتِيَهُم بَأْسُنَا بَيَٰتًا وَهُمْ نَآئِمُونَ ﴿٩٧﴾

98. Noma abantu bendawo bazizwa bephephile yini esijezisweni seThu esingabafikela emini bezidlalela na?

أَوَأَمِنَ أَهْلُ ٱلْقُرَىٰٓ أَن يَأْتِيَهُم بَأْسُنَا ضُحًى وَهُمْ يَلْعَبُونَ ﴿٩٨﴾

99. Ingabe bazizwa bephephile ekuhleleni kuka Allah na?. Empeleni abantu abalahlekelwe [abadukile] abazizwa bephephile ekuhleleni kuka Allah.

أَفَأَمِنُوا۟ مَكْرَ ٱللَّهِ ۚ فَلَا يَأْمَنُ مَكْرَ ٱللَّهِ إِلَّا ٱلْقَوْمُ ٱلْخَٰسِرُونَ ﴿٩٩﴾

100. Laba abazuza umhlaba emuva kwabanikazi bawo, uthi abakaboni yini ukuthi ukube besithanda besizobajezisa ngenxa yezimpambuko zabo na, siphinde simboze izinhliziyo zabo ngenxa yalokho bengasezwa.

أَوَلَمْ يَهْدِ لِلَّذِينَ يَرِثُونَ ٱلْأَرْضَ مِنۢ بَعْدِ أَهْلِهَآ أَن لَّوْ نَشَآءُ أَصَبْنَٰهُم بِذُنُوبِهِمْ ۚ وَنَطْبَعُ عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ فَهُمْ لَا يَسْمَعُونَ ﴿١٠٠﴾

101. Lezo izizwe esikulandisa ngazo ngezindaba zazo. Nebala iZithunywa zabo zafika kubo nobufakazi, kepha abazange bakholelwe kulokho abebevele sebekuphikile phambilini. U Allah uzimboza kanjalo izinhliziyo zabangakholwa.

تِلْكَ ٱلْقُرَىٰ نَقُصُّ عَلَيْكَ مِنْ أَنۢبَآئِهَا ۚ وَلَقَدْ جَآءَتْهُمْ رُسُلُهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَمَا كَانُوا۟ لِيُؤْمِنُوا۟ بِمَا كَذَّبُوا۟ مِن قَبْلُ ۚ كَذَٰلِكَ يَطْبَعُ ٱللَّهُ عَلَىٰ قُلُوبِ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿١٠١﴾

102. Futhi asibafumanisanga abaningi kubo benokuzimisela, kunalokho sifumanise iningi kubo liyiziphula mthetho.

وَمَا وَجَدْنَا لِأَكْثَرِهِم مِّنْ عَهْدٍ ۖ وَإِن وَجَدْنَآ أَكْثَرَهُمْ لَفَٰسِقِينَ ﴿١٠٢﴾

103. Sabe sesithumela emuva kwazo [izizwe zasendulo] uMusa neMibiko yeThu kuFirawuni nezikhulu zakhe, kepha baphambana nayo. Bhekake ukuthi sinjani isiphetho sabenza ukuphambuka.

ثُمَّ بَعَثْنَا مِنۢ بَعْدِهِم مُّوسَىٰ بِـَٔايَٰتِنَآ إِلَىٰ فِرْعَوْنَ وَمَلَإِيْهِۦ فَظَلَمُوا۟ بِهَا ۖ فَٱنظُرْ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿١٠٣﴾

104. Wathi uMusa: "Fir'awoni, ngempela ngiyiSithunywa esivela eNkosini yezizwe zonke".

وَقَالَ مُوسَىٰ يَٰفِرْعَوْنُ إِنِّى رَسُولٌ مِّن رَّبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١٠٤﴾

105. Kumele nakanjani ngingakhulumi ngo Allah ngaphandle kwalokho okuyiqiniso. Ngize kini nobufakazi obuvela eNkosini yenu, ngakhoke dedelela kimi isizwe sakwa Isirayeli.

حَقِيقٌ عَلَىٰٓ أَن لَّآ أَقُولَ عَلَى ٱللَّهِ إِلَّا ٱلْحَقَّ ۚ قَدْ جِئْتُكُم بِبَيِّنَةٍ مِّن رَّبِّكُمْ فَأَرْسِلْ مَعِىَ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ﴿١٠٥﴾

106. Wathi [uFir'awoni]: "Uma ukuthi uze nesibonakaliso silethe phela uma uneqiniso".

قَالَ إِن كُنتَ جِئْتَ بِـَٔايَةٍ فَأْتِ بِهَآ إِن كُنتَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿١٠٦﴾

107. Wabe [uMusa] esejikijela phansi induku yakhe, makhathaleni yaba inyoka uqobo lwayo.

فَأَلْقَىٰ عَصَاهُ فَإِذَا هِىَ ثُعْبَانٌ مُّبِينٌ ﴿١٠٧﴾

108. Waphinde wakhipha isandla sakhe, saba mhlophe qwa kulabo ababethamele.

وَنَزَعَ يَدَهُۥ فَإِذَا هِىَ بَيْضَآءُ لِلنَّٰظِرِينَ ﴿١٠٨﴾

109. Izikhulu zesiswe sikaFira'woni zathi: "Lona isanusi esingungoti impela".

قَالَ ٱلْمَلَأُ مِن قَوْمِ فِرْعَوْنَ إِنَّ هَٰذَا لَسَٰحِرٌ عَلِيمٌ ﴿١٠٩﴾

110. "Ufuna ukunikhipha ezweni lenu, ngakhoke nithi akwenziwe njani na?"

يُرِيدُ أَن يُخْرِجَكُم مِّنْ أَرْضِكُمْ ۖ فَمَاذَا تَأْمُرُونَ ﴿١١٠﴾

111. Bathi: "Ake uthi ukumlindisa benomfowabo bese uthumela izigijimi kuzo zonke izindawo".

قَالُوٓا۟ أَرْجِهْ وَأَخَاهُ وَأَرْسِلْ فِى ٱلْمَدَآئِنِ حَٰشِرِينَ ﴿١١١﴾

112. "Zikulethele zonke izanusi ezingongoti".

يَأْتُوكَ بِكُلِّ سَحَّارٍ عَلِيمٍ ﴿١١٢﴾

113. Zafika izanusi ku Fir'awoni zathi: "Kumele sithole umvuzo uma kuba yithina esinqobayo".

وَجَآءَ ٱلسَّحَرَةُ فِرْعَوْنَ قَالُوٓا۟ إِنَّ لَنَا لَأَجْرًا إِن كُنَّا نَحْنُ ٱلْغَٰلِبِينَ ﴿١١٣﴾

114. Wathi [uFir'awuni]: "Nakanjani futhi niyoba zithenjwa".

قَالَ نَعَمْ وَإِنَّكُمْ لَمِنَ ٱلْمُقَرَّبِينَ ﴿١١٤﴾

115. Zathi [izanusi]: "We Musa, ungaphonsa noma kube yithina esiphonsayo".

قَالُوا۟ يَٰمُوسَىٰٓ إِمَّآ أَن تُلْقِىَ وَإِمَّآ أَن نَّكُونَ نَحْنُ ٱلْمُلْقِينَ ﴿١١٥﴾

116. Wathi [uMusa]: "Jikijelani nina". Kwathi lapho bejikijela bathakatha amehlo abantu babathusa futhi beza nelumbo elinzima.

قَالَ أَلْقُوا۟ ۖ فَلَمَّآ أَلْقَوْا۟ سَحَرُوٓا۟ أَعْيُنَ ٱلنَّاسِ وَٱسْتَرْهَبُوهُمْ وَجَآءُو بِسِحْرٍ عَظِيمٍ ﴿١١٦﴾

117. Sembulela kuMusa ukuba aphonse induku yakhe. Kwabe isigwinya konke lokhu ababeqamba ngakho amanga.

* وَأَوْحَيْنَآ إِلَىٰ مُوسَىٰٓ أَنْ أَلْقِ عَصَاكَ ۖ فَإِذَا هِىَ تَلْقَفُ مَا يَأْفِكُونَ ﴿١١٧﴾

118. Laqhakamba iqiniso kwashabalala konke lokho ababekwenza.

فَوَقَعَ ٱلْحَقُّ وَبَطَلَ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١١٨﴾

119. Banqotshwa khona lapho, babuyele emumva behlazekile.

فَغُلِبُوا۟ هُنَالِكَ وَٱنقَلَبُوا۟ صَٰغِرِينَ ﴿١١٩﴾

120. Izanusi zona zawa phansi ngobuso zakhothama.

وَأُلْقِىَ ٱلسَّحَرَةُ سَٰجِدِينَ ﴿١٢٠﴾

121. Zathi: "Siyakholelwa eNkosini yezizwe zonke".

122. INKosi kaMusa noHaruna.

123. Wathi uFir'awuni: "Nikholelwa kuyo ngaphambi kokuba mina nginiphe imvumo na? Nebala leli isu enilakhile endaweni ukuze nikhiphe kuyo abantu bakhona. Nizokwazi kahle".

124. "Ngizonqamula izingalo zenu nemilenze yenu ngokuphambana bese nginiphanyeka nonke".

125. Zathi [izanusi]: "Nebala siyobuyela eNkosini yethu".

126. Usijezisa nje ngoba sikholwe izibonakaliso zeNkosi yethu nxa zifika kithi. Nkosi yethu siphe ukubekezela usithathe emhlabeni singamaMusilimu.

127. Izikhulu zesizwe sika Fir'awuni zathi: "Ushiya uMusa nesizwe sakhe benze impambuko ezweni baphinde bashiye wena nezikhonzwa zakho na?" Wathi [uFir'awuni]: "Sizobulala amadodana abo siyeke abafazi babo bephila, bheka ngoba yithina esibaphethe".

128. Wathi uMusa esizweni sakhe: "Celani usizo ku Allah futhi nibekezele, ngokuba izwe ngelika Allah ulipha lowo amthandayo ezigqileni zaKhe futhi kuyogcina labo abazithibayo".

قَالُوٓاْ ءَامَنَّا بِرَبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ١٢١

رَبِّ مُوسَىٰ وَهَٰرُونَ ١٢٢

قَالَ فِرۡعَوۡنُ ءَامَنتُم بِهِۦ قَبۡلَ أَنۡ ءَاذَنَ
لَكُمۡۖ إِنَّ هَٰذَا لَمَكۡرٞ مَّكَرۡتُمُوهُ فِي ٱلۡمَدِينَةِ
لِتُخۡرِجُواْ مِنۡهَآ أَهۡلَهَاۖ فَسَوۡفَ تَعۡلَمُونَ ١٢٣

لَأُقَطِّعَنَّ أَيۡدِيَكُمۡ وَأَرۡجُلَكُم مِّنۡ
خِلَٰفٖ ثُمَّ لَأُصَلِّبَنَّكُمۡ أَجۡمَعِينَ ١٢٤

قَالُوٓاْ إِنَّآ إِلَىٰ رَبِّنَا مُنقَلِبُونَ ١٢٥

وَمَا تَنقِمُ مِنَّآ إِلَّآ أَنۡ ءَامَنَّا بِـَٔايَٰتِ رَبِّنَا
لَمَّا جَآءَتۡنَاۚ رَبَّنَآ أَفۡرِغۡ عَلَيۡنَا صَبۡرٗا
وَتَوَفَّنَا مُسۡلِمِينَ ١٢٦

وَقَالَ ٱلۡمَلَأُ مِن قَوۡمِ فِرۡعَوۡنَ أَتَذَرُ
مُوسَىٰ وَقَوۡمَهُۥ لِيُفۡسِدُواْ فِي ٱلۡأَرۡضِ
وَيَذَرَكَ وَءَالِهَتَكَۚ قَالَ سَنُقَتِّلُ أَبۡنَآءَهُمۡ
وَنَسۡتَحۡيِۦ نِسَآءَهُمۡ وَإِنَّا فَوۡقَهُمۡ
قَٰهِرُونَ ١٢٧

قَالَ مُوسَىٰ لِقَوۡمِهِ ٱسۡتَعِينُواْ بِٱللَّهِ
وَٱصۡبِرُوٓاْۖ إِنَّ ٱلۡأَرۡضَ لِلَّهِ يُورِثُهَا مَن
يَشَآءُ مِنۡ عِبَادِهِۦۖ وَٱلۡعَٰقِبَةُ لِلۡمُتَّقِينَ ١٢٨

قَالُوٓاْ أُوذِينَا مِن قَبۡلِ أَن تَأۡتِيَنَا وَمِنۢ بَعۡدِ مَا جِئۡتَنَاۚ قَالَ عَسَىٰ رَبُّكُمۡ أَن يُهۡلِكَ عَدُوَّكُمۡ وَيَسۡتَخۡلِفَكُمۡ فِي ٱلۡأَرۡضِ فَيَنظُرَ كَيۡفَ تَعۡمَلُونَ ١٢٩

129. Sathi [isizwe sika Musa]: "Sihlukumezekile ngaphambi kokuba ufike nasemuva kokuba usufikile". Wathi [uMusa]: "Kungekudala iNkosi yenu iyosibhubhisa isitha senu bese ibeka nina ezweni ukuze abheke ukuthi niyoziphatha kanjani".

وَلَقَدۡ أَخَذۡنَآ ءَالَ فِرۡعَوۡنَ بِٱلسِّنِينَ وَنَقۡصٖ مِّنَ ٱلثَّمَرَٰتِ لَعَلَّهُمۡ يَذَّكَّرُونَ ١٣٠

130. Nebala Samjezisa uFir'awuni ngesomiso nangokuncipha kwezithelo ukuze balalele.

فَإِذَا جَآءَتۡهُمُ ٱلۡحَسَنَةُ قَالُواْ لَنَا هَٰذِهِۦۖ وَإِن تُصِبۡهُمۡ سَيِّئَةٞ يَطَّيَّرُواْ بِمُوسَىٰ وَمَن مَّعَهُۥٓۗ أَلَآ إِنَّمَا طَٰٓئِرُهُمۡ عِندَ ٱللَّهِ وَلَٰكِنَّ أَكۡثَرَهُمۡ لَا يَعۡلَمُونَ ١٣١

131. Kepha kwakuthi uma behlelwa okuhle bathi: "okwethu lokhu". Kuthi uma behlelwa okubi, bagxeke uMusa nalabo ayenabo ngokubalethele amabhadi. Bheka ngoba amabhadi abo aku Allah, kepha iningi labo alazi.

وَقَالُواْ مَهۡمَا تَأۡتِنَا بِهِۦ مِنۡ ءَايَةٖ لِّتَسۡحَرَنَا بِهَا فَمَا نَحۡنُ لَكَ بِمُؤۡمِنِينَ ١٣٢

132. Futhi bathi: "Noma zingaba ngaki izibonakaliso oziletha kithi uzosithakatha ngazo, asisoze sakukholwa".

فَأَرۡسَلۡنَا عَلَيۡهِمُ ٱلطُّوفَانَ وَٱلۡجَرَادَ وَٱلۡقُمَّلَ وَٱلضَّفَادِعَ وَٱلدَّمَ ءَايَٰتٖ مُّفَصَّلَٰتٖ فَٱسۡتَكۡبَرُواْ وَكَانُواْ قَوۡمٗا مُّجۡرِمِينَ ١٣٣

133. Sathumela kubo izikhukhula nesikhonyane nezintwala namasele negazi njengezibonakaliso ezicacisiwe; kepha bazigqaja futhi babengabantu abayiziphula mthetho.

وَلَمَّا وَقَعَ عَلَيۡهِمُ ٱلرِّجۡزُ قَالُواْ يَٰمُوسَى ٱدۡعُ لَنَا رَبَّكَ بِمَا عَهِدَ عِندَكَۖ لَئِن كَشَفۡتَ عَنَّا ٱلرِّجۡزَ لَنُؤۡمِنَنَّ لَكَ وَلَنُرۡسِلَنَّ مَعَكَ بَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ ١٣٤

134. Futhi kwakuthi lapho sebehlelwe isijeziso bathi: "Musa sikhulekele eNkosini yakho ngalokho ekuthembise kona, uma ungasisusela isijeziso siyokukholwa futhi sidedele kuwe isizwe sakwa Isirayeli".

فَلَمَّا كَشَفْنَا عَنْهُمُ ٱلرِّجْزَ إِلَىٰٓ أَجَلٍ هُم
بَٰلِغُوهُ إِذَا هُمْ يَنكُثُونَ ﴿١٣٥﴾

135. Kepha uma sesibasusele isijeziso isikhathi esithize ababekelwe sona, kuba yibona kanye abephula izithembiso.

فَٱنتَقَمْنَا مِنْهُمْ فَأَغْرَقْنَٰهُمْ فِى ٱلْيَمِّ
بِأَنَّهُمْ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَا وَكَانُوا۟ عَنْهَا
غَٰفِلِينَ ﴿١٣٦﴾

136. Ngakhoke sabajezisa ngokubagwilisa olwandle ngenxa yokuthi baphika izibonakaliso zeThu futhi bazishaya indiva.

وَأَوْرَثْنَا ٱلْقَوْمَ ٱلَّذِينَ كَانُوا۟ يُسْتَضْعَفُونَ
مَشَٰرِقَ ٱلْأَرْضِ وَمَغَٰرِبَهَا ٱلَّتِى بَٰرَكْنَا
فِيهَا ۖ وَتَمَّتْ كَلِمَتُ رَبِّكَ ٱلْحُسْنَىٰ عَلَىٰ
بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ بِمَا صَبَرُوا۟ ۖ وَدَمَّرْنَا مَا
كَانَ يَصْنَعُ فِرْعَوْنُ وَقَوْمُهُۥ وَمَا كَانُوا۟
يَعْرِشُونَ ﴿١٣٧﴾

137. Sabe sesinika labo bantu ababecindezelwe [isizwe sakwa Isirayeli] impumalanga nentshonalanga yezwe [indawo yaseShamu], lena phela esiyibusisile. Lafezeka-ke Izwi Elihle leNkosi yakho[1] kusizwe sakwa Isirayeli ngenxa yokubekezela kwabo. Futhi sabhubhisa konke lokho okwakhiwa uFir'awuni nesizwe sakhe kanye nezakhiwo zabo eziphakeme[2].

وَجَٰوَزْنَا بِبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ٱلْبَحْرَ فَأَتَوْا۟
عَلَىٰ قَوْمٍ يَعْكُفُونَ عَلَىٰٓ أَصْنَامٍ لَّهُمْ ۚ قَالُوا۟
يَٰمُوسَى ٱجْعَل لَّنَآ إِلَٰهًا كَمَا لَهُمْ ءَالِهَةٌ ۚ
قَالَ إِنَّكُمْ قَوْمٌ تَجْهَلُونَ ﴿١٣٨﴾

138. Futhi sawelisa isizwe sakwa Isirayeli ulwandle, bazithela phezu kwabantu ababezinze ezithixhweni zabo, bathi [abakwa Isirayeli]: "Musa, senzele nathi isikhonzwa njengoba nabo benezikhonzwa". Wathi [uMusa]: "Ngempela nina niyiziwula".

1 Bheka iSura 28:5.

2 Lokhu kukhomba ukuthi izinsalela zempilo yasendulo ezweni laseMisiri (eGibhithe) kanjalo nezakhiwo ezifana namaPhilamide akusizona ezesikhathi sikaFir'awuni lona owayephila ngesikhathi seSithunywa uMusa, ngoba konke okwangaleso sikhathi kwabhubha unomphela.

إِنَّ هَـٰٓؤُلَآءِ مُتَبَّرٌ مَّا هُمْ فِيهِ وَبَـٰطِلٌ مَّا كَانُواْ يَعْمَلُونَ ﴿١٣٩﴾

139. Ngempela lokho laba abagxile kukho kuyimbubhiso uqobo futhi kuwumbhedo konke lokhu aabkwenzayo.

قَالَ أَغَيْرَ ٱللَّهِ أَبْغِيكُمْ إِلَـٰهًا وَهُوَ فَضَّلَكُمْ عَلَى ٱلْعَـٰلَمِينَ ﴿١٤٠﴾

140. Wathi [uMusa]: "Nginganifunela kanjano omunye eningamukhonza ngaphandle kuka Allah na, belu nguYena oniqokile ezizweni".

وَإِذْ أَنجَيْنَـٰكُم مِّنْ ءَالِ فِرْعَوْنَ يَسُومُونَكُمْ سُوٓءَ ٱلْعَذَابِ يُقَتِّلُونَ أَبْنَآءَكُمْ وَيَسْتَحْيُونَ نِسَآءَكُمْ ۚ وَفِى ذَٰلِكُم بَلَآءٌ مِّن رَّبِّكُمْ عَظِيمٌ ﴿١٤١﴾

141. Futhi khumbulani mhla sinitakula kuFir'awuni enijezisa kabuhlungu, ebulala amadodana enu futhi eyeka abafazi benu. Futhi kukho konke lokho bekunesivivinyo esinzima esivela eNkosini yenu.

* وَوَٰعَدْنَا مُوسَىٰ ثَلَـٰثِينَ لَيْلَةً وَأَتْمَمْنَـٰهَا بِعَشْرٍ فَتَمَّ مِيقَـٰتُ رَبِّهِۦٓ أَرْبَعِينَ لَيْلَةً ۚ وَقَالَ مُوسَىٰ لِأَخِيهِ هَـٰرُونَ ٱخْلُفْنِى فِى قَوْمِى وَأَصْلِحْ وَلَا تَتَّبِعْ سَبِيلَ ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿١٤٢﴾

142. Futhi sabekela uMusa ubusuku obungamashuni amathathu saphinda sathasisela ngobuyishumi[1], kwase kuthi isikhathi seNkosi yakhe ayebekelwe sona [ukukhuluma neNkosi yakhe] saba ubusuku obungamashumi amane. Wabe uMusa esethi kumnewabo uHaruna: "Thatha isikhundla sami ebantwini bami wenze okulungile futhi ungalandeli indlela yabaphambukayo".

1 Osolwazi beTafisir njengoMujahidi noMasuruku bathi ubusuku obu-30 kwakungobenyanga ka Dul Ka'ada [inyanga ye-11] kuthi obuyishumi bube obenyanga ka Dul Hija [inyanga yokungcina ye-12].

وَلَمَّا جَآءَ مُوسَىٰ لِمِيقَٰتِنَا وَكَلَّمَهُۥ رَبُّهُۥ
قَالَ رَبِّ أَرِنِيٓ أَنظُرۡ إِلَيۡكَۚ قَالَ لَن تَرَىٰنِي
وَلَٰكِنِ ٱنظُرۡ إِلَى ٱلۡجَبَلِ فَإِنِ ٱسۡتَقَرَّ
مَكَانَهُۥ فَسَوۡفَ تَرَىٰنِيۚ فَلَمَّا تَجَلَّىٰ رَبُّهُۥ
لِلۡجَبَلِ جَعَلَهُۥ دَكّٗا وَخَرَّ مُوسَىٰ
صَعِقٗاۚ فَلَمَّآ أَفَاقَ قَالَ سُبۡحَٰنَكَ تُبۡتُ
إِلَيۡكَ وَأَنَا۠ أَوَّلُ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ ١٤٣

143. Kwathi uMusa esefikile endaweni yeThu esimbekele yona, yakhuluma naye iNkosi yakhe, wabe [uMusa] esethi: "Nkosi yami, ngeze ngikwazi ukukubona". Yathi: "Awusoze ungibone, kodwa ungabheka entabeni, uma ilokhu isazimelele endaweni yayo uzongibona". Kwathi lapho iNkosi yakhe iziveza entabeni, yayilothisa yaphushuka, uMusa yena waquleka. Kwathi lapho ephaphama wathi: "Mawungcweliswe, ngiyazisola kuWe futhi ngingowokuqala kwabakholwayo".

قَالَ يَٰمُوسَىٰٓ إِنِّي ٱصۡطَفَيۡتُكَ عَلَى
ٱلنَّاسِ بِرِسَٰلَٰتِي وَبِكَلَٰمِي فَخُذۡ مَآ
ءَاتَيۡتُكَ وَكُن مِّنَ ٱلشَّٰكِرِينَ ١٤٤

144. Wathi [u Allah]: "Musa, ngempela ngikuqokile ebantwini ngoMbiko waMi neZwi laMi, ngakhoke thatha lokho engikupha kona bese uba obongayo:.

وَكَتَبۡنَا لَهُۥ فِي ٱلۡأَلۡوَاحِ مِن كُلِّ شَيۡءٖ
مَّوۡعِظَةٗ وَتَفۡصِيلٗا لِّكُلِّ شَيۡءٖ فَخُذۡهَا
بِقُوَّةٖ وَأۡمُرۡ قَوۡمَكَ يَأۡخُذُواْ بِأَحۡسَنِهَاۚ
سَأُوْرِيكُمۡ دَارَ ٱلۡفَٰسِقِينَ ١٤٥

145. Samlobela eziqwembeni izaluleko nencazelo yayo yonke into; [Sathi kuye]: "ngakhoke zithathe [iziqwembe] ngokuzimisela futhi uyalele abantu bakho bazikhandle ngalokho okuhle [imiyalelo] kuzo, ngokuba ngiyonikhombisa indawo yeziphulamthetho [uMlilo].

146. Ngiyobaqhelelanisa neMibiko yaMi labo abazigqajayo ngokungemthetho; okuthi uma bebona zonke izibonakaliso bengazikholwa. Uma bebona indlela yokulunga abahambi ngayo, kepha uma bebona indlela yokuphambuka bahamba ngayo. Lokho yingoba baphika iMibiko yeThu futhi belokhu beyishaya indiva.

سَأَصۡرِفُ عَنۡ ءَايَٰتِيَ ٱلَّذِينَ يَتَكَبَّرُونَ فِي ٱلۡأَرۡضِ بِغَيۡرِ ٱلۡحَقِّ وَإِن يَرَوۡاْ كُلَّ ءَايَةٖ لَّا يُؤۡمِنُواْ بِهَا وَإِن يَرَوۡاْ سَبِيلَ ٱلرُّشۡدِ لَا يَتَّخِذُوهُ سَبِيلٗا وَإِن يَرَوۡاْ سَبِيلَ ٱلۡغَيِّ يَتَّخِذُوهُ سَبِيلٗاۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمۡ كَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا وَكَانُواْ عَنۡهَا غَٰفِلِينَ ١٤٦

147. Futhi labo abaphika iMibiko yeThu nokuHlangana kweLizayo, izenzo zishabalele. Ingabe abavuziswanga ngaphandle kwalokho ababekwenza na?

وَٱلَّذِينَ كَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا وَلِقَآءِ ٱلۡأٓخِرَةِ حَبِطَتۡ أَعۡمَٰلُهُمۡۚ هَلۡ يُجۡزَوۡنَ إِلَّا مَا كَانُواْ يَعۡمَلُونَ ١٤٧

148. Futhi abantu bakaMusa emuva kokuba esengekho, bakhanda isiqu sethole elalibhonga. Ingabe ababoni yini ukuthi alikwazi ukukhuluma nabo futhi alibaholeli ndawo na? Balikhanda [ithole] baphambuka.

وَٱتَّخَذَ قَوۡمُ مُوسَىٰ مِنۢ بَعۡدِهِۦ مِنۡ حُلِيِّهِمۡ عِجۡلٗا جَسَدٗا لَّهُۥ خُوَارٌۚ أَلَمۡ يَرَوۡاْ أَنَّهُۥ لَا يُكَلِّمُهُمۡ وَلَا يَهۡدِيهِمۡ سَبِيلًا ٱتَّخَذُوهُ وَكَانُواْ ظَٰلِمِينَ ١٤٨

149. Kwathi sebezisola futhi babona ukuthi bebedukile bathi: "Uma iNkosi yethu ingabi nomusa kithi futhi isithethelele, nakanjani siyoba ngabalahlekelwe".

وَلَمَّا سُقِطَ فِيٓ أَيۡدِيهِمۡ وَرَأَوۡاْ أَنَّهُمۡ قَدۡ ضَلُّواْ قَالُواْ لَئِن لَّمۡ يَرۡحَمۡنَا رَبُّنَا وَيَغۡفِرۡ لَنَا لَنَكُونَنَّ مِنَ ٱلۡخَٰسِرِينَ ١٤٩

150. Kuthe lapho uMusa ebuyela kubantu bakhe ecasukile ethukuthele, wathi: "Kwaze

وَلَمَّا رَجَعَ مُوسَىٰٓ إِلَىٰ قَوۡمِهِۦ غَضۡبَٰنَ أَسِفٗا قَالَ بِئۡسَمَا خَلَفۡتُمُونِي مِنۢ بَعۡدِيٓۖ

أَعَجِلْتُمْ أَمْرَ رَبِّكُمْ ۖ وَأَلْقَى ٱلْأَلْوَاحَ وَأَخَذَ بِرَأْسِ أَخِيهِ يَجُرُّهُۥٓ إِلَيْهِ ۚ قَالَ ٱبْنَ أُمَّ إِنَّ ٱلْقَوْمَ ٱسْتَضْعَفُونِى وَكَادُوا۟ يَقْتُلُونَنِى فَلَا تُشْمِتْ بِىَ ٱلْأَعْدَآءَ وَلَا تَجْعَلْنِى مَعَ ٱلْقَوْمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٥٠﴾

kwakubi lokho enikwenzile ngikhekho. Neqe umyalelo weNkosi yenu na?". Wabe esejikijela phansi iziqwembe wagxavula ikhanda lomnewabo emdonsela kuye, wathi [uHaruna]: "Mtakama, ngempela abantu bangithathele phansi futhi bacishe bangibulala, ngakho ungahlekisi ngami ezitheni futhi ungangibandakanyi nabantu abaphambukile".

قَالَ رَبِّ ٱغْفِرْ لِى وَلِأَخِى وَأَدْخِلْنَا فِى رَحْمَتِكَ ۖ وَأَنتَ أَرْحَمُ ٱلرَّٰحِمِينَ ﴿١٥١﴾

151. Wathi [uMusa]: "Nkosi yami sithethelele mina nomfowethu futhi usifake emseni waKho, ngokuba Wena unomusa ondlula bonke abonumusa".

إِنَّ ٱلَّذِينَ ٱتَّخَذُوا۟ ٱلْعِجْلَ سَيَنَالُهُمْ غَضَبٌ مِّن رَّبِّهِمْ وَذِلَّةٌ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۚ وَكَذَٰلِكَ نَجْزِى ٱلْمُفْتَرِينَ ﴿١٥٢﴾

152. Nebala, labo abakhonza ithole bayotholwa ulaka lweNkosi yabo nehlazo empilweni yasemhlabeni; sibahlomulisa kanjalo abaqamba amanga.

وَٱلَّذِينَ عَمِلُوا۟ ٱلسَّيِّـَٔاتِ ثُمَّ تَابُوا۟ مِنۢ بَعْدِهَا وَءَامَنُوٓا۟ إِنَّ رَبَّكَ مِنۢ بَعْدِهَا لَغَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٥٣﴾

153. Futhi labo abenza izimpambuko bese bezisola emuva kwazo baphinde bakholwe, impela iNkosi yakho emuva kwazo [izimpambuko] inguMthetheleli Onesihawu.

وَلَمَّا سَكَتَ عَن مُّوسَى ٱلْغَضَبُ أَخَذَ ٱلْأَلْوَاحَ ۖ وَفِى نُسْخَتِهَا هُدًى وَرَحْمَةٌ لِّلَّذِينَ هُمْ لِرَبِّهِمْ يَرْهَبُونَ ﴿١٥٤﴾

154. Kwathi lapho sekudambile ukuthukuthela kuMusa, wathatha iziqwembe, okwakulotshwe kuzo umhlahlandlela nomusa kulabo abesaba iNkosi yabo.

155. Futhi uMusa wakhetha amadoda angamashumi ayisikhombisa esizweni sakhe ukuba baye endaweni yeThu esasibabekele yona [ukukhuluma nathi]. Kwathi lapho [amadoda] eseshaywe ukuzamazama okunzima, wathi [uMusa]: "Nkosi yami, ukube ubuthanda ngabe ubabhubhisile kanye nami kwasekuqaleni; kungani usibhubhisa ngokwenziwe iziphukuphuku ngaphakathi kwethu na? Empeleni [lokhu] kuyisivivinyo odukisa ngaso obathandayo uphinde uhole ngaso obathandayo. Nebala unguMhlengi wethu, ngakhoke sithethelele ube nomusa kithi ngokuba Wena ungothethelela ukwendlula bonke".

وَٱخۡتَارَ مُوسَىٰ قَوۡمَهُۥ سَبۡعِينَ رَجُلٗا لِّمِيقَٰتِنَاۖ فَلَمَّآ أَخَذَتۡهُمُ ٱلرَّجۡفَةُ قَالَ رَبِّ لَوۡ شِئۡتَ أَهۡلَكۡتَهُم مِّن قَبۡلُ وَإِيَّيَۖ أَتُهۡلِكُنَا بِمَا فَعَلَ ٱلسُّفَهَآءُ مِنَّآۖ إِنۡ هِيَ إِلَّا فِتۡنَتُكَ تُضِلُّ بِهَا مَن تَشَآءُ وَتَهۡدِي مَن تَشَآءُۖ أَنتَ وَلِيُّنَا فَٱغۡفِرۡ لَنَا وَٱرۡحَمۡنَاۖ وَأَنتَ خَيۡرُ ٱلۡغَٰفِرِينَ ١٥٥

156. "Futhi sabele lokho okuhle kulomhlaba nakwelizayo ngokuba siyazisola kuWe". Wathi [u Allah]: "Isijeziso saMi ngijezisa ngaso engimthandayo kanti futhi umusa waMi uhaqe yonke into, ngizowabela [umusa waMi] labo abazithibayo futhi bakhiphe neZaka baphinde bakholelwe eMibikweni yeThu".

* وَٱكۡتُبۡ لَنَا فِي هَٰذِهِ ٱلدُّنۡيَا حَسَنَةٗ وَفِي ٱلۡأٓخِرَةِ إِنَّا هُدۡنَآ إِلَيۡكَۚ قَالَ عَذَابِيٓ أُصِيبُ بِهِۦ مَنۡ أَشَآءُۖ وَرَحۡمَتِي وَسِعَتۡ كُلَّ شَيۡءٖۚ فَسَأَكۡتُبُهَا لِلَّذِينَ يَتَّقُونَ وَيُؤۡتُونَ ٱلزَّكَوٰةَ وَٱلَّذِينَ هُم بِـَٔايَٰتِنَا يُؤۡمِنُونَ ١٥٦

157. Labo abalandela iSithunywa uMjutshwa ongakwazi ukuloba abamthola kubo kulotshiwe ngaye kwiTora naku Ininjili,

ٱلَّذِينَ يَتَّبِعُونَ ٱلرَّسُولَ ٱلنَّبِيَّ ٱلۡأُمِّيَّ ٱلَّذِي يَجِدُونَهُۥ مَكۡتُوبًا عِندَهُمۡ فِي ٱلتَّوۡرَىٰةِ وَٱلۡإِنجِيلِ يَأۡمُرُهُم بِٱلۡمَعۡرُوفِ

ukuba uyobayalela ngokulungile abanqande kokuphambukile futhi abavumele kulokho okumsulwa kepha abanqabele kulokho okungcolile [okungahlanzekile nokuyichilo]. Aphinde abethule umthwalo namajoka ababewathwele [imithetho enzima ababe bekelwe yona phambilini]. Ngakhoke labo abakholelwa kuye, bamhloniphe, bamsekele baphinde balandele ukukhanya lokhu okulethwe naye, yibona kanye labo abaphumelele.

وَيَنْهَىٰهُمْ عَنِ ٱلْمُنكَرِ وَيُحِلُّ لَهُمُ ٱلطَّيِّبَٰتِ وَيُحَرِّمُ عَلَيْهِمُ ٱلْخَبَٰٓئِثَ وَيَضَعُ عَنْهُمْ إِصْرَهُمْ وَٱلْأَغْلَٰلَ ٱلَّتِى كَانَتْ عَلَيْهِمْ ۚ فَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ بِهِۦ وَعَزَّرُوهُ وَنَصَرُوهُ وَٱتَّبَعُوا۟ ٱلنُّورَ ٱلَّذِىٓ أُنزِلَ مَعَهُۥٓ ۙ أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُفْلِحُونَ ﴿١٥٧﴾

158. Yithi [Muhamadi]: "Sintu, kunina nonke ngiyiSithunywa sika Allah. Lona umbuso wamazulu nomhlaba ungowaKhe, futhi akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwakhe, nguYena oletha impilo aphinde ayithathe. Ngakhoke kholelwani ku Allah neSithunywa saKhe, uMjutshwa ongakwazi ukuloba – naye okholelwa ku Allah naMazwi aKhe – nimlandele ukuze nibe sendleleni eqondile".

قُلْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ إِنِّى رَسُولُ ٱللَّهِ إِلَيْكُمْ جَمِيعًا ٱلَّذِى لَهُۥ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ يُحْىِۦ وَيُمِيتُ ۖ فَـَٔامِنُوا۟ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِ ٱلنَّبِىِّ ٱلْأُمِّىِّ ٱلَّذِى يُؤْمِنُ بِٱللَّهِ وَكَلِمَٰتِهِۦ وَٱتَّبِعُوهُ لَعَلَّكُمْ تَهْتَدُونَ ﴿١٥٨﴾

159. Futhi esizweni sika Musa kunabantu abalandela iqiniso futhi benza ubulungiswa ngalo.

وَمِن قَوْمِ مُوسَىٰٓ أُمَّةٌ يَهْدُونَ بِٱلْحَقِّ وَبِهِۦ يَعْدِلُونَ ﴿١٥٩﴾

وَقَطَّعْنَٰهُمُ ٱثْنَتَىْ عَشْرَةَ أَسْبَاطًا أُمَمًا ۚ وَأَوْحَيْنَآ إِلَىٰ مُوسَىٰٓ إِذِ ٱسْتَسْقَىٰهُ قَوْمُهُۥٓ أَنِ ٱضْرِب بِّعَصَاكَ ٱلْحَجَرَ ۖ فَٱنۢبَجَسَتْ مِنْهُ ٱثْنَتَا عَشْرَةَ عَيْنًا ۖ قَدْ عَلِمَ كُلُّ أُنَاسٍ مَّشْرَبَهُمْ ۚ وَظَلَّلْنَا عَلَيْهِمُ ٱلْغَمَٰمَ وَأَنزَلْنَا عَلَيْهِمُ ٱلْمَنَّ وَٱلسَّلْوَىٰ ۖ كُلُوا۟ مِن طَيِّبَٰتِ مَا رَزَقْنَٰكُمْ ۚ وَمَا ظَلَمُونَا وَلَٰكِن كَانُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ يَظْلِمُونَ ﴿١٦٠﴾

160. Sabaqembula izizwana eziyishumi nambili ngokozalo ngokwamadodana kaYakubu. Futhi sembulela kuMusa mhlazane isizwe sakhe simcela amanzi, [Sathi]: "Shaya idwalangenduku yakho"; kwagobhoza iziphethu eziyishumi nambili, sonke isizwana besazi lapho kumele siphuze khona. Saphinde futhi sabenzela umthunzi ngamafu sabehlisela imana nezigwaci. [Sathi]: "Dlanini kulokho esinabele kona". Futhi abasilimazanga Thina kepha bazilamaza bona uqobo.

وَإِذْ قِيلَ لَهُمُ ٱسْكُنُوا۟ هَٰذِهِ ٱلْقَرْيَةَ وَكُلُوا۟ مِنْهَا حَيْثُ شِئْتُمْ وَقُولُوا۟ حِطَّةٌ وَٱدْخُلُوا۟ ٱلْبَابَ سُجَّدًا نَّغْفِرْ لَكُمْ خَطِيٓـَٰتِكُمْ ۚ سَنَزِيدُ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٦١﴾

161. Futhi khumbula mhla kuthiwa kubo [abakwa Isirayeli]: "Hlalani kulendawo nidle kuyo lapho nithanda khona. Bese nithi 'Hitwa' [ukwesula], ningene esangweni nikhotheme, siyobe sesinithethelela izimpambuko zenu, siphinde sandisele labo abayenza okuhle".

فَبَدَّلَ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ مِنْهُمْ قَوْلًا غَيْرَ ٱلَّذِى قِيلَ لَهُمْ فَأَرْسَلْنَا عَلَيْهِمْ رِجْزًا مِّنَ ٱلسَّمَآءِ بِمَا كَانُوا۟ يَظْلِمُونَ ﴿١٦٢﴾

162. Kepha labo abaphambukile kubo baguqula amazwi ngalawo abayalelwanga wona. Ngakhoke sabe sesehlisela kubo isijeziso esivela phezulu ngenxa yokuphambuka kwabo.

163. Futhi babuze [abakwa Isirayeli] ngendawo eyabe ingasolwande, mhlazane bephula umthetho ngeSabatha, bheka ngoba kwakuthi ngeSabatha izinhlazi zitheleke kubo ubuthaphuthaphu kepha mhla kungesilona iSabatha azibikhona ngakubo. Sabavivinya kanjalo ngenxa yokuphambana kwabo nemiyalelo.

وَسْـَٔلْهُمْ عَنِ ٱلْقَرْيَةِ ٱلَّتِى كَانَتْ حَاضِرَةَ ٱلْبَحْرِ إِذْ يَعْدُونَ فِى ٱلسَّبْتِ إِذْ تَأْتِيهِمْ حِيتَانُهُمْ يَوْمَ سَبْتِهِمْ شُرَّعًا وَيَوْمَ لَا يَسْبِتُونَ لَا تَأْتِيهِمْ ۚ كَذَٰلِكَ نَبْلُوهُم بِمَا كَانُوا۟ يَفْسُقُونَ ﴿١٦٣﴾

164. Lapho abanye babo babethi: "Kungani nilokhu nikhalimana nabantu u Allah vele azobabhubhisa noma abajezise ngesijeziso esinzima". Bathi [abakhalimayo]: "Ukuzakhela izaba eNkosini yenu nokuthi-ke hleze bazithibe".

وَإِذْ قَالَتْ أُمَّةٌ مِّنْهُمْ لِمَ تَعِظُونَ قَوْمًا ٱللَّهُ مُهْلِكُهُمْ أَوْ مُعَذِّبُهُمْ عَذَابًا شَدِيدًا ۖ قَالُوا۟ مَعْذِرَةً إِلَىٰ رَبِّكُمْ وَلَعَلَّهُمْ يَتَّقُونَ ﴿١٦٤﴾

165. Kwathi-ke lapho sebekulibele lokhu abalulekwe ngakho; sahlenga labo ababenqanda okubi, sajezisa labo abaphambukile ngesijeziso esinzima ngenxa yokwephula kwabo umthetho.

فَلَمَّا نَسُوا۟ مَا ذُكِّرُوا۟ بِهِۦٓ أَنجَيْنَا ٱلَّذِينَ يَنْهَوْنَ عَنِ ٱلسُّوٓءِ وَأَخَذْنَا ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ بِعَذَابٍۭ بَـِٔيسٍۭ بِمَا كَانُوا۟ يَفْسُقُونَ ﴿١٦٥﴾

166. Kwathi lapho sebephule umthetho mayelana nalokho abanqatshelwe kona, Sathi: "Yibani izinkawu ezihlazekile".

فَلَمَّا عَتَوْا۟ عَن مَّا نُهُوا۟ عَنْهُ قُلْنَا لَهُمْ كُونُوا۟ قِرَدَةً خَـٰسِـِٔينَ ﴿١٦٦﴾

167. Khumbula futhi mhla iNkosi yakho imemezela ukuthi iyohlala ithumela kubo kuze

وَإِذْ تَأَذَّنَ رَبُّكَ لَيَبْعَثَنَّ عَلَيْهِمْ إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْقِيَـٰمَةِ مَن يَسُومُهُمْ سُوٓءَ ٱلْعَذَابِ ۗ

kube uSuku lokwaHlulela, labo abayobajezisa kanzima. Bheka ngoba iNkosi yakho iyashesha ukujezisa kanti futhi ingeThethelelayo Enesihawu.

إِنَّ رَبَّكَ لَسَرِيعُ ٱلْعِقَابِ وَإِنَّهُۥ لَغَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٦٧﴾

168. Futhi sabahlakaza baba izizwe emhlabeni. Kunalabo kubo abaqotho, kanti futhi kunalabo kubo abangenjalo. Futhi sasibavivinya ngokubi nangokuhle hleze babuye nganeno [bapheze].

وَقَطَّعْنَٰهُمْ فِى ٱلْأَرْضِ أُمَمًا ۖ مِّنْهُمُ ٱلصَّٰلِحُونَ وَمِنْهُمْ دُونَ ذَٰلِكَ ۖ وَبَلَوْنَٰهُم بِٱلْحَسَنَٰتِ وَٱلسَّيِّـَٔاتِ لَعَلَّهُمْ يَرْجِعُونَ ﴿١٦٨﴾

169. Base belandelwa isizukulwane esabelwa iNcwadi [iTora], esabe sithatha izinto zalomhlaba ongelutho bethi: "Siyothethelelwa", kepha uma kufika kubo ezinye izinto [zomhlaba] ezifana nezasekuqaleni baphinde bazithathe. Abazange yini bathathiswe isibopho seNcwadi [iTora] ukuba bangakhulumi ngo Allah ngaphandle kweqiniso futhi bafunde ekuqukethe. Belu umuzi wakwelizayo [iJana] yiwona ongcono kulabo abazithibayo; ingabe aninakuqonda na?

فَخَلَفَ مِنۢ بَعْدِهِمْ خَلْفٌ وَرِثُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ يَأْخُذُونَ عَرَضَ هَٰذَا ٱلْأَدْنَىٰ وَيَقُولُونَ سَيُغْفَرُ لَنَا وَإِن يَأْتِهِمْ عَرَضٌ مِّثْلُهُۥ يَأْخُذُوهُ ۚ أَلَمْ يُؤْخَذْ عَلَيْهِم مِّيثَٰقُ ٱلْكِتَٰبِ أَن لَّا يَقُولُوا۟ عَلَى ٱللَّهِ إِلَّا ٱلْحَقَّ وَدَرَسُوا۟ مَا فِيهِ ۗ وَٱلدَّارُ ٱلْءَاخِرَةُ خَيْرٌ لِّلَّذِينَ يَتَّقُونَ ۚ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿١٦٩﴾

170. Kantike labo ababambelela eNcwadini futhi beqikelela ukwenza iSwala, Thina asisoze sawuchitha umvuzo walabo abenza ukulunga.

وَٱلَّذِينَ يُمَسِّكُونَ بِٱلْكِتَٰبِ وَأَقَامُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ إِنَّا لَا نُضِيعُ أَجْرَ ٱلْمُصْلِحِينَ ﴿١٧٠﴾

171. Futhi khumbula mhla siqongisa intaba phezu kwabo njengomthunzi. Babecabanga ukuthi izowela phezu kwabo. [Sathi]: "Thathani ngokuzimisela lokhu esininike kona ukuze nibe ngabathobela u Allah".

* وَإِذْ نَتَقْنَا ٱلْجَبَلَ فَوْقَهُمْ كَأَنَّهُۥ ظُلَّةٌ وَظَنُّوٓاْ أَنَّهُۥ وَاقِعٌۢ بِهِمْ خُذُواْ مَآ ءَاتَيْنَٰكُم بِقُوَّةٍ وَٱذْكُرُواْ مَا فِيهِ لَعَلَّكُمْ تَتَّقُونَ ﴿١٧١﴾

172. Khumbula futhi lapho iNkosi yakho ithatha emhlane wabantwana baka Adamu izizukulwane zabo wabe wase esezifakazisa kuzo uqobo [yathi]: "Ingabe angisiyona iNkosi yenu na?" zathi: "Nembala, siyafakaza". Funa ngoSuku lokwaHlulela nithi: "Besingakwazi lokhu".

وَإِذْ أَخَذَ رَبُّكَ مِنۢ بَنِىٓ ءَادَمَ مِن ظُهُورِهِمْ ذُرِّيَّتَهُمْ وَأَشْهَدَهُمْ عَلَىٰٓ أَنفُسِهِمْ أَلَسْتُ بِرَبِّكُمْۖ قَالُواْ بَلَىٰ شَهِدْنَآۛ أَن تَقُولُواْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ إِنَّا كُنَّا عَنْ هَٰذَا غَٰفِلِينَ ﴿١٧٢﴾

173. Noma funa nithi: "Obabamkhulu bethu phambilini ababhangqa [u Allah nezikhonzwa], thina siyisizukulwane esifike emuva kwabo, ngakhoke usibhubhisa ngenxa yokwenziwe abaphambukile.

أَوْ تَقُولُوٓاْ إِنَّمَآ أَشْرَكَ ءَابَآؤُنَا مِن قَبْلُ وَكُنَّا ذُرِّيَّةً مِّنۢ بَعْدِهِمْۖ أَفَتُهْلِكُنَا بِمَا فَعَلَ ٱلْمُبْطِلُونَ ﴿١٧٣﴾

174. Siyicacisa kanjalo iMibiko hleze nabo babuyele nganeno [endleni eqondile].

وَكَذَٰلِكَ نُفَصِّلُ ٱلْءَايَٰتِ وَلَعَلَّهُمْ يَرْجِعُونَ ﴿١٧٤﴾

175. Balandisele ngendaba yalowo esamupha ulwazi lweMibiko yethu, kepha yena walushaya indiva, wabe eselandelwa uShayitani waba odukileyo.

وَٱتْلُ عَلَيْهِمْ نَبَأَ ٱلَّذِىٓ ءَاتَيْنَٰهُ ءَايَٰتِنَا فَٱنسَلَخَ مِنْهَا فَأَتْبَعَهُ ٱلشَّيْطَٰنُ فَكَانَ مِنَ ٱلْغَاوِينَ ﴿١٧٥﴾

وَلَوْ شِئْنَا لَرَفَعْنَٰهُ بِهَا وَلَٰكِنَّهُۥٓ أَخْلَدَ
إِلَى ٱلْأَرْضِ وَٱتَّبَعَ هَوَىٰهُ ۖ فَمَثَلُهُۥ كَمَثَلِ
ٱلْكَلْبِ إِن تَحْمِلْ عَلَيْهِ يَلْهَثْ أَوْ تَتْرُكْهُ
يَلْهَث ذَّٰلِكَ مَثَلُ ٱلْقَوْمِ ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟
بِـَٔايَٰتِنَا ۚ فَٱقْصُصِ ٱلْقَصَصَ لَعَلَّهُمْ
يَتَفَكَّرُونَ ﴿١٧٦﴾

176. Ukube besithanda, besizomphakamisa ngalo, kepha yena wagxila kwezomhlaba walandela izinkanuko zakhe. Ufansiswa nenja, yona uma uyithwesa umthalo ikhipha ulimi noma usuwususile iqhubeka njalo ikhipha ulimi. Lowo-ke isifaniso salowo othatha iMibiko yethu njengamanga. Balandisele ngezindaba hleze bazocabangisisa.

سَآءَ مَثَلًا ٱلْقَوْمُ ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَا
وَأَنفُسَهُمْ كَانُوا۟ يَظْلِمُونَ ﴿١٧٧﴾

177. Saze sasibi isifaniso salabo abathatha iMibiko yeThu njengamanga futhi abazilulaza bona uqobo.

مَن يَهْدِ ٱللَّهُ فَهُوَ ٱلْمُهْتَدِى ۖ وَمَن
يُضْلِلْ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْخَٰسِرُونَ ﴿١٧٨﴾

178. Lowo u Allah amholayo usendleleni eqondile, kepha labo abadukisayo yibona kanye abalahlekelwe.

وَلَقَدْ ذَرَأْنَا لِجَهَنَّمَ كَثِيرًا مِّنَ ٱلْجِنِّ
وَٱلْإِنسِ ۖ لَهُمْ قُلُوبٌ لَّا يَفْقَهُونَ بِهَا
وَلَهُمْ أَعْيُنٌ لَّا يُبْصِرُونَ بِهَا وَلَهُمْ
ءَاذَانٌ لَّا يَسْمَعُونَ بِهَا ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ
كَٱلْأَنْعَٰمِ بَلْ هُمْ أَضَلُّ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ
ٱلْغَٰفِلُونَ ﴿١٧٩﴾

179. Nebala, baningi esabadalela iJahanamu kumaJini nabantu, ngokuba banezinhliziyo abangaqondi ngazo namehlo abangaboni ngawo nezindlebe abangezwa ngazo. Labo bafana nezilwane; empeleni baduke ukuzendlula. Yibona kanye labo abangenandaba.

وَلِلَّهِ ٱلْأَسْمَآءُ ٱلْحُسْنَىٰ فَٱدْعُوهُ بِهَا ۖ
وَذَرُوا۟ ٱلَّذِينَ يُلْحِدُونَ فِىٓ أَسْمَٰٓئِهِۦ ۚ
سَيُجْزَوْنَ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٨٠﴾

180. U Allah unamaGama amahle, ngakhoke khulekani kuYe ngawo, futhi nibayeke labo abalandela okungelona iqiniso ngamaGama aKhe, bayojeziswa ngalokho abakwenzayo.

181. Futhi kulabo esibadalile, kunabantu abalandela iqiniso futhi benza ngalo ubulungiswa.

وَمِمَّنْ خَلَقْنَآ أُمَّةٌ يَهْدُونَ بِٱلْحَقِّ وَبِهِۦ يَعْدِلُونَ ﴿١٨١﴾

182. Futhi labo abathatha iMibiko yeThu njengamanga, sizobabamba lapho benganake khona.

وَٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَـٰتِنَا سَنَسْتَدْرِجُهُم مِّنْ حَيْثُ لَا يَعْلَمُونَ ﴿١٨٢﴾

183. Futhi ngizobapha isikhathi, bheka ngoba isu Lami liboshelwe.

وَأُمْلِى لَهُمْ ۚ إِنَّ كَيْدِى مَتِينٌ ﴿١٨٣﴾

184. Abazange bacabangisise na? Umuntu wabo lo akahlanyi [uMuhamadi]. Empeleni akasilutho ngaphandle nje kokuba umxwayisi ngokusobala.

أَوَلَمْ يَتَفَكَّرُوا۟ ۗ مَا بِصَاحِبِهِم مِّن جِنَّةٍ ۚ إِنْ هُوَ إِلَّا نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿١٨٤﴾

185. Ingabe ababhekanga yini embusweni wamazulu nomhlaba nalokho u Allah akudalile, nokuthi hleze isikhathi sabo [sokufa] sesisondele. Yimuphike umbiko abayowukholwa emuva kwalona na?

أَوَلَمْ يَنظُرُوا۟ فِى مَلَكُوتِ ٱلسَّمَـٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا خَلَقَ ٱللَّهُ مِن شَىْءٍ وَأَنْ عَسَىٰٓ أَن يَكُونَ قَدِ ٱقْتَرَبَ أَجَلُهُمْ ۖ فَبِأَىِّ حَدِيثٍۭ بَعْدَهُۥ يُؤْمِنُونَ ﴿١٨٥﴾

186. Lowo u Allah amdukisile akekho oyomhola, bheka ngoba ubashiye benhlanhlatha ekuphambukweni kwabo.

مَن يُضْلِلِ ٱللَّهُ فَلَا هَادِىَ لَهُۥ ۚ وَيَذَرُهُمْ فِى طُغْيَـٰنِهِمْ يَعْمَهُونَ ﴿١٨٦﴾

187. Bayakubuza ngeSikhathi [sokwaHlulela] ukuthi siyofika nini. Yithi: "Saziwa iNkosi yami kuphela futhi akekho oyisiletha ngesikhathi saso ngaphandle kwaKhe. Siyabasinda

يَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلسَّاعَةِ أَيَّانَ مُرْسَىٰهَا ۖ قُلْ إِنَّمَا عِلْمُهَا عِندَ رَبِّى ۖ لَا يُجَلِّيهَا لِوَقْتِهَآ إِلَّا هُوَ ۚ ثَقُلَتْ فِى ٱلسَّمَـٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ لَا تَأْتِيكُمْ إِلَّا بَغْتَةً ۗ

abasemazulwini nasemhlabeni [ngenxa yokwesaba]; siyofika kini ningazelele". Wabuza wena engathi nawe usha amashushu ngaso, yithi: "U Allah kuphela owaziyo ngaso, kepha iningi lenu alazi".

يَسْـَٔلُونَكَ كَأَنَّكَ حَفِيٌّ عَنْهَا ۖ قُلْ إِنَّمَا عِلْمُهَا عِندَ ٱللَّهِ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعْلَمُونَ ﴿١٨٧﴾

188. Yithi: "Angikwazi ukuzizuzisa ngalutho noma ngizilimaze ngalutho ngaphandle kwemvumo ka Allah. Ukube bengazi okungabonwayo bengizozandisela okuhle futhi bekungekho okubi obekungangehlela; kepha empeleni ngingumxwayisi nomethuli wezindaba ezinhle kubantu abakholwayo".

قُل لَّآ أَمْلِكُ لِنَفْسِى نَفْعًا وَلَا ضَرًّا إِلَّا مَا شَآءَ ٱللَّهُ ۚ وَلَوْ كُنتُ أَعْلَمُ ٱلْغَيْبَ لَٱسْتَكْثَرْتُ مِنَ ٱلْخَيْرِ وَمَا مَسَّنِىَ ٱلسُّوٓءُ ۚ إِنْ أَنَا۠ إِلَّا نَذِيرٌ وَبَشِيرٌ لِّقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿١٨٨﴾

189. NguYena [u Allah] onidale ngomuntu oyedwa waphinde wadala ngaye umfazi wakhe ukuze anethezeke naye. Kuthe lapho esemengamele [baya ocansini], wathwala umthwalo olula [wakhulelwa] walokhu etetemuka nawo. Kepha kuthe lapho esesindwa, bakhuleka bobabili ku Allah iNKosi yabo [bathi]; "Uma usipha umntwana oqotho siyoba ngababongayo".

* هُوَ ٱلَّذِى خَلَقَكُم مِّن نَّفْسٍ وَٰحِدَةٍ وَجَعَلَ مِنْهَا زَوْجَهَا لِيَسْكُنَ إِلَيْهَا ۖ فَلَمَّا تَغَشَّىٰهَا حَمَلَتْ حَمْلًا خَفِيفًا فَمَرَّتْ بِهِۦ ۖ فَلَمَّآ أَثْقَلَت دَّعَوَا ٱللَّهَ رَبَّهُمَا لَئِنْ ءَاتَيْتَنَا صَٰلِحًا لَّنَكُونَنَّ مِنَ ٱلشَّٰكِرِينَ ﴿١٨٩﴾

190. Kuthe lapho esebaphe umntwana oqotho, bambhanqa nezimbangi kulokho abaphe kona. U Allah uphakeme kulokho abakubhanqayo.

فَلَمَّآ ءَاتَىٰهُمَا صَٰلِحًا جَعَلَا لَهُۥ شُرَكَآءَ فِيمَآ ءَاتَىٰهُمَا ۚ فَتَعَٰلَى ٱللَّهُ عَمَّا يُشْرِكُونَ ﴿١٩٠﴾

191. Ingabe babhanqa lokho okungakwazi ukudala lutho, belu nabo badaliwe.

أَيُشْرِكُونَ مَا لَا يَخْلُقُ شَيْـًٔا وَهُمْ يُخْلَقُونَ ﴿١٩١﴾

192. Futhi [izimbangi] azikhoni ukubasiza ngalutho futhi nazo azikhoni ukuzisiza zona uqobo.

وَلَا يَسْتَطِيعُونَ لَهُمْ نَصْرًا وَلَآ أَنفُسَهُمْ يَنصُرُونَ ﴿١٩٢﴾

193. Uma nibabizela endleleni eqondile abanilandeli; kuyefana nje kini, niyababiza noma nizithulele.

وَإِن تَدْعُوهُمْ إِلَى ٱلْهُدَىٰ لَا يَتَّبِعُوكُمْ ۚ سَوَآءٌ عَلَيْكُمْ أَدَعَوْتُمُوهُمْ أَمْ أَنتُمْ صَٰمِتُونَ ﴿١٩٣﴾

194. Nebala labo enikhuleka kubo ngaphandle kuka Allah, izigqila ezifana nani; khulekanike kubo baniphendule uma niqinisile.

إِنَّ ٱلَّذِينَ تَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ عِبَادٌ أَمْثَالُكُمْ ۖ فَٱدْعُوهُمْ فَلْيَسْتَجِيبُوا۟ لَكُمْ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿١٩٤﴾

195. Ingabe [laba enikhuleka kubo] banemilenze ababamba ngayo na? Noma izandla ababamba ngazo na? Noma amehlo ababona ngawo na? Noma izindlebe abezwa ngazo na? Ithi: "Khulekani kuzikhonzwa zenu, bese ningakhela uzungu ningapholisi maseko".

أَلَهُمْ أَرْجُلٌ يَمْشُونَ بِهَآ ۖ أَمْ لَهُمْ أَيْدٍ يَبْطِشُونَ بِهَآ ۖ أَمْ لَهُمْ أَعْيُنٌ يُبْصِرُونَ بِهَآ ۖ أَمْ لَهُمْ ءَاذَانٌ يَسْمَعُونَ بِهَا ۗ قُلِ ٱدْعُوا۟ شُرَكَآءَكُمْ ثُمَّ كِيدُونِ فَلَا تُنظِرُونِ ﴿١٩٥﴾

196. Nebala umhlengi wami ngu Allah, lona owehlisele iNcwadi [iKurani] futhi uhlenga labo abaqotho.

إِنَّ وَلِيِّىَ ٱللَّهُ ٱلَّذِى نَزَّلَ ٱلْكِتَٰبَ ۖ وَهُوَ يَتَوَلَّى ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿١٩٦﴾

197. Futhi labo enikhuleka kubo ngaphandle kuka Allah, abakwazi ukunisiza futhi abakwazi ukusiza bona uqobo.

وَٱلَّذِينَ تَدْعُونَ مِن دُونِهِۦ لَا يَسْتَطِيعُونَ نَصْرَكُمْ وَلَآ أَنفُسَهُمْ يَنصُرُونَ ﴿١٩٧﴾

198. Uma nibabizela endleleni eqondile abalaleli, futhi uzobabona bekubhekile kepha ababoni.

وَإِن تَدْعُوهُمْ إِلَى ٱلْهُدَىٰ لَا يَسْمَعُوا۟ ۖ وَتَرَىٰهُمْ يَنظُرُونَ إِلَيْكَ وَهُمْ لَا يُبْصِرُونَ ﴿١٩٨﴾

199. Qoka uxolo, uyalele ngokuhle futhi uziqhelelanise neziwula.

خُذِ ٱلْعَفْوَ وَأْمُرْ بِٱلْعُرْفِ وَأَعْرِضْ عَنِ ٱلْجَٰهِلِينَ ﴿١٩٩﴾

200. Uma ufikelwa ukuhluthuleka okuvela kuShayitani, zivikele ngo Allah ngokuba Yena Ungozwayo Owaziyo.

وَإِمَّا يَنزَغَنَّكَ مِنَ ٱلشَّيْطَٰنِ نَزْغٌ فَٱسْتَعِذْ بِٱللَّهِ ۚ إِنَّهُۥ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٠٠﴾

201. Ngempela labo abathobela intando ka Allah, uma behlaselwe isilingo esivela kuShayitani, bayazithiba baqaphele.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ٱتَّقَوْا۟ إِذَا مَسَّهُمْ طَٰٓئِفٌ مِّنَ ٱلشَّيْطَٰنِ تَذَكَّرُوا۟ فَإِذَا هُم مُّبْصِرُونَ ﴿٢٠١﴾

202. Kepha abafowabo [bakaShayitani], babafaka ngokujulile ekuphambukeni futhi abaphezi.

وَإِخْوَٰنُهُمْ يَمُدُّونَهُمْ فِى ٱلْغَىِّ ثُمَّ لَا يُقْصِرُونَ ﴿٢٠٢﴾

203. Uma ungabaletheli isibonakaliso bathi: "Kungani ungazenzeli ngokwakho na?". Yithi: "Ngilandela kuphela lokho okwembulelwe kimi kuvela eNkosini yami; lokhu ubufakazi obuvela eNkosini yenu, nokuholwa okuqondile nomusa kubantu abakholwayo".

وَإِذَا لَمْ تَأْتِهِم بِـَٔايَةٍ قَالُوا۟ لَوْلَا ٱجْتَبَيْتَهَا ۚ قُلْ إِنَّمَآ أَتَّبِعُ مَا يُوحَىٰٓ إِلَىَّ مِن رَّبِّى ۚ هَٰذَا بَصَآئِرُ مِن رَّبِّكُمْ وَهُدًى وَرَحْمَةٌ لِّقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٢٠٣﴾

204. Uma iKurani ifundwa, yilaleleni futhi nithule du, ukuze nithole umusa.

وَإِذَا قُرِئَ ٱلْقُرْءَانُ فَٱسْتَمِعُوا۟ لَهُۥ وَأَنصِتُوا۟ لَعَلَّكُمْ تُرْحَمُونَ ﴿٢٠٤﴾

وَٱذۡكُر رَّبَّكَ فِي نَفۡسِكَ تَضَرُّعًا وَخِيفَةً وَدُونَ ٱلۡجَهۡرِ مِنَ ٱلۡقَوۡلِ بِٱلۡغُدُوِّ وَٱلۡأٓصَالِ وَلَا تَكُن مِّنَ ٱلۡغَٰفِلِينَ ﴿٢٠٥﴾

205. Futhi khumbula iNkosi yakho ngaphakathi kuwe ekuseni nantambama ngokuzithoba futhi buthule ungabangi umsindo futhi ungabi omunye wabangenandaba.

إِنَّ ٱلَّذِينَ عِندَ رَبِّكَ لَا يَسۡتَكۡبِرُونَ عَنۡ عِبَادَتِهِۦ وَيُسَبِّحُونَهُۥ وَلَهُۥ يَسۡجُدُونَ ۩ ﴿٢٠٦﴾

206. Nebala, labo abaseNkosini yakho abazigqaji ekuyikhonzeni futhi bayayidumisa bayikhothamele bawe ngobuso.

(8) SURA ANFALI
IZIMPANGO ZEMPI

سُورَةُ الأَنفَالِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

يَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلْأَنفَالِ ۖ قُلِ ٱلْأَنفَالُ لِلَّهِ وَٱلرَّسُولِ ۖ فَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَأَصْلِحُوا۟ ذَاتَ بَيْنِكُمْ ۖ وَأَطِيعُوا۟ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥٓ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١﴾

1. Bayakubuza ngezimpango zempi; yithi: "Izimpango zempi ngezika Allah neSithunywa, ngakhoke thobelani intando ka Allah futhi nihlale ninokubiyisana phakathi kwenu niphinde nilalele u Allah neSithunywa saKhe uma ngempela ningabakholwayo".

إِنَّمَا ٱلْمُؤْمِنُونَ ٱلَّذِينَ إِذَا ذُكِرَ ٱللَّهُ وَجِلَتْ قُلُوبُهُمْ وَإِذَا تُلِيَتْ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتُهُۥ زَادَتْهُمْ إِيمَٰنًا وَعَلَىٰ رَبِّهِمْ يَتَوَكَّلُونَ ﴿٢﴾

2. Okuyibona abakholwayo, yilabo uma kukhulunywa ngo Allah izinhliziyo zabo zigcwala ingebe, kuthi lapho belandiswa ngeMibiko yaKhe ibandisele ukholo futhi bathembela eNkosini.

ٱلَّذِينَ يُقِيمُونَ ٱلصَّلَوٰةَ وَمِمَّا رَزَقْنَٰهُمْ يُنفِقُونَ ﴿٣﴾

3. Yibona laba abaqikelela ukwenza iSwala futhi benanelana kulokho esibabele kona.

أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُؤْمِنُونَ حَقًّا ۚ لَّهُمْ دَرَجَٰتٌ عِندَ رَبِّهِمْ وَمَغْفِرَةٌ وَرِزْقٌ كَرِيمٌ ﴿٤﴾

4. Labo, yibona kanye abakholwayo ngempela. Enkosini yabo bayothola izigaba [eJana] nentethelelo nesondlo esiyinala.

كَمَآ أَخْرَجَكَ رَبُّكَ مِنۢ بَيْتِكَ بِٱلْحَقِّ وَإِنَّ فَرِيقًا مِّنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ لَكَٰرِهُونَ ﴿٥﴾

5. Njengoba iNkosi yakho yakukhipha endlini yakho ngeqiniso, kunquqaba lwabakholwayo olwenqenayo.

يُجَٰدِلُونَكَ فِي ٱلۡحَقِّ بَعۡدَ مَا تَبَيَّنَ كَأَنَّمَا يُسَاقُونَ إِلَى ٱلۡمَوۡتِ وَهُمۡ يَنظُرُونَ ٦

6. Luqophisana nawe ngeqiniso nakuba selicacile, okungathi basiwa ekufeni bebhekile.

وَإِذۡ يَعِدُكُمُ ٱللَّهُ إِحۡدَى ٱلطَّآئِفَتَيۡنِ أَنَّهَا لَكُمۡ وَتَوَدُّونَ أَنَّ غَيۡرَ ذَاتِ ٱلشَّوۡكَةِ تَكُونُ لَكُمۡ وَيُرِيدُ ٱللَّهُ أَن يُحِقَّ ٱلۡحَقَّ بِكَلِمَٰتِهِۦ وَيَقۡطَعَ دَابِرَ ٱلۡكَٰفِرِينَ ٧

7. Khumbula lapho u Allah enithembisa niyothola linye lamaqembu amabili [inqola yohwebo noma ibutho lempi], nakuba nina nanifisa ukuthola leyo engezikuba nobunzima [inqola yohwebo]. Kepha u Allah wayefuna ukuqhakambisa iqiniso ngaMazwi aKhe nokubhubhisa lao abangakholwa.

لِيُحِقَّ ٱلۡحَقَّ وَيُبۡطِلَ ٱلۡبَٰطِلَ وَلَوۡ كَرِهَ ٱلۡمُجۡرِمُونَ ٨

8. Ukuze aqinise iqiniso futhi achite amawuwa nakuba izigilamkhuba zingakuthandi lokho.

إِذۡ تَسۡتَغِيثُونَ رَبَّكُمۡ فَٱسۡتَجَابَ لَكُمۡ أَنِّي مُمِدُّكُم بِأَلۡفٖ مِّنَ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةِ مُرۡدِفِينَ ٩

9. Khumbulani mhla nicela usizo eNkosini yenu, yaniphendula [yathi]: "Ngizonixhasa ngenkulungwane yezingelosi zilandelana".

وَمَا جَعَلَهُ ٱللَّهُ إِلَّا بُشۡرَىٰ وَلِتَطۡمَئِنَّ بِهِۦ قُلُوبُكُمۡۚ وَمَا ٱلنَّصۡرُ إِلَّا مِنۡ عِندِ ٱللَّهِۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ١٠

10. U Allah wakwenza lokho ukuze kube yintokozo nezinhliziyo zenu zithole ukuthula. Usizo Luvela kuphela ku Allah, ngokuba u Allah Ungusomandla Okhaliphile.

إِذۡ يُغَشِّيكُمُ ٱلنُّعَاسَ أَمَنَةٗ مِّنۡهُ وَيُنَزِّلُ عَلَيۡكُم مِّنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءٗ لِّيُطَهِّرَكُم بِهِۦ وَيُذۡهِبَ عَنكُمۡ رِجۡزَ ٱلشَّيۡطَٰنِ وَلِيَرۡبِطَ عَلَىٰ قُلُوبِكُمۡ وَيُثَبِّتَ بِهِ ٱلۡأَقۡدَامَ ١١

11. Khumbulani mhla enilethela isithongwana ukunidudza, wanehlisela namanzi emvula ukuze anihlanze ngawo aphinde asuse kini nokungcola kukaShayitani nokuthi ahlanganise izinhliziyo zenu aqinise ngawo izinyawo [lapho ezizonyathela khona].

إِذْ يُوحِى رَبُّكَ إِلَى ٱلْمَلَـٰٓئِكَةِ أَنِّى مَعَكُمْ فَثَبِّتُوا۟ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ۚ سَأُلْقِى فِى قُلُوبِ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ٱلرُّعْبَ فَٱضْرِبُوا۟ فَوْقَ ٱلْأَعْنَاقِ وَٱضْرِبُوا۟ مِنْهُمْ كُلَّ بَنَانٍ ﴿١٢﴾

12. INkosi yakho yabe isiyambulela izingelosi [yathi]: "Nginani, ngakhoke qinisani idolo labo abakholwayo. Ngozofaka ukwesaba ezinhlizweni zalabo abangakholwa, ngakhoke gencani izintamo [zabo] neminwe yabo yonke".

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ شَآقُّوا۟ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ ۚ وَمَن يُشَاقِقِ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ فَإِنَّ ٱللَّهَ شَدِيدُ ٱلْعِقَابِ ﴿١٣﴾

13. Lokho kungenxa yokuthi baphambane no Allah neSithunywa saKhe. Kantike lowo ophambana no Allah neSithunywa saKhe; u Allah ujezisana kanzima.

ذَٰلِكُمْ فَذُوقُوهُ وَأَنَّ لِلْكَـٰفِرِينَ عَذَابَ ٱلنَّارِ ﴿١٤﴾

14. Ngakhoke kuzweni lokho ngokuba abangakholwa bayothola iSijeziso soMlilo.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِذَا لَقِيتُمُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ زَحْفًا فَلَا تُوَلُّوهُمُ ٱلْأَدْبَارَ ﴿١٥﴾

15. Nina enikholwayo! Uma nitholana phezulu [empini] nalabo abangakholwa ningabaleki.

وَمَن يُوَلِّهِمْ يَوْمَئِذٍ دُبُرَهُۥٓ إِلَّا مُتَحَرِّفًا لِّقِتَالٍ أَوْ مُتَحَيِّزًا إِلَىٰ فِئَةٍ فَقَدْ بَآءَ بِغَضَبٍ مِّنَ ٱللَّهِ وَمَأْوَىٰهُ جَهَنَّمُ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿١٦﴾

16. Ngokuba lowo oyababalekela ngaleso sikhathi - ngaphandleke kwalowo obaleka akha isu lokulwa noma lowo obuyela emuva ebuthweni - uyobe uzilethela ulaka luka Allah futhi uyohlala eJahanamu okuyindawo embi.

فَلَمْ تَقْتُلُوهُمْ وَلَـٰكِنَّ ٱللَّهَ قَتَلَهُمْ ۚ وَمَا رَمَيْتَ إِذْ رَمَيْتَ وَلَـٰكِنَّ ٱللَّهَ رَمَىٰ وَلِيُبْلِىَ ٱلْمُؤْمِنِينَ مِنْهُ بَلَآءً حَسَنًا ۚ إِنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿١٧﴾

17. Akunina enibabulele, kepha u Allah nguYena obabulele, futhi akusiwena owaphonsa mhlazana uphonsa kepha ngu Allah owaphonsa, ukuze avivinye abakholwayo isivivinyo esihle. Nebala u Allah Ungozwayo Owaziyo.

ذَٰلِكُمْ وَأَنَّ ٱللَّهَ مُوهِنُ كَيْدِ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿١٨﴾

18. Konke lokhu yingoba u Allah ulenze lwabuthaka itulo labangakholwa.

إِن تَسْتَفْتِحُوا۟ فَقَدْ جَآءَكُمُ ٱلْفَتْحُ ۖ وَإِن تَنتَهُوا۟ فَهُوَ خَيْرٌ لَّكُمْ ۖ وَإِن تَعُودُوا۟ نَعُدْ وَلَن تُغْنِىَ عَنكُمْ فِئَتُكُمْ شَيْـًٔا وَلَوْ كَثُرَتْ وَأَنَّ ٱللَّهَ مَعَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٩﴾

19. Uma nifuna ukunqoba, sekufikile kini ukunqoba. Futhi uma nipheza, yikona okungcono kini. Kepha niphikelela naThi sizophikelela [ngokunijezisa] futhi ibandla lenu angeke lanisiza ngalutho noma lingaba liningi. Futhi u Allah ukanye nabakholwayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ أَطِيعُوا۟ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ وَلَا تَوَلَّوْا۟ عَنْهُ وَأَنتُمْ تَسْمَعُونَ ﴿٢٠﴾

20. Nina enikholwayo! Lalelani u Allah neSithunywa saKhe futhi ningambalekeli [u Allah] nibe nizwa kahle.

وَلَا تَكُونُوا۟ كَٱلَّذِينَ قَالُوا۟ سَمِعْنَا وَهُمْ لَا يَسْمَعُونَ ﴿٢١﴾

21. Ningafani nalabo abathi: "Sizwile kepha bebe bengezwa".

* إِنَّ شَرَّ ٱلدَّوَآبِّ عِندَ ٱللَّهِ ٱلصُّمُّ ٱلْبُكْمُ ٱلَّذِينَ لَا يَعْقِلُونَ ﴿٢٢﴾

22. Nebala, isidalwa okiyisona esibi ku Allah, yilowo oyisimumu oyisithuli, labo abangenakuqonda.

وَلَوْ عَلِمَ ٱللَّهُ فِيهِمْ خَيْرًا لَّأَسْمَعَهُمْ ۖ وَلَوْ أَسْمَعَهُمْ لَتَوَلَّوا۟ وَّهُم مُّعْرِضُونَ ﴿٢٣﴾

23. Ukube u Allah kukhona okuhle abekwazi ngabo, ubezobenza bezwe, kepha uma ubenze bezwa bebe zofulathela bashaye indiva.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱسْتَجِيبُوا۟ لِلَّهِ وَلِلرَّسُولِ إِذَا دَعَاكُمْ لِمَا يُحْيِيكُمْ ۖ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ يَحُولُ بَيْنَ ٱلْمَرْءِ وَقَلْبِهِۦ وَأَنَّهُۥٓ إِلَيْهِ تُحْشَرُونَ ﴿٢٤﴾

24. Nina enikholwayo, sabelani ku Allah neSithunywa saKhe lapho benibizela kulokho okuniphilisayo [ngokulalela nokuthobela imiyalelo]. Futhi yazini ukuthi u Allah uyakhona ukungena phakathi komuntu

nenhliziyo yakhe [ngokumncitsha amandla okwenza okuhle emuva kokuba ebesenqabile zibekwa], niphinde futhi nazi ukuthi niyobuthelwa kuYe [u Allah].

وَٱتَّقُواْ فِتۡنَةٗ لَّا تُصِيبَنَّ ٱلَّذِينَ ظَلَمُواْ مِنكُمۡ خَآصَّةٗۖ وَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّ ٱللَّهَ شَدِيدُ ٱلۡعِقَابِ ٢٥

25. Futhi qaphelani leso sijeziso esingeke sagadla kuphela kulabo abaphambukile kini, futhi yazini ukuthi u Allah ujezisana kanzima.

وَٱذۡكُرُوٓاْ إِذۡ أَنتُمۡ قَلِيلٞ مُّسۡتَضۡعَفُونَ فِي ٱلۡأَرۡضِ تَخَافُونَ أَن يَتَخَطَّفَكُمُ ٱلنَّاسُ فَـَٔاوَىٰكُمۡ وَأَيَّدَكُم بِنَصۡرِهِۦ وَرَزَقَكُم مِّنَ ٱلطَّيِّبَٰتِ لَعَلَّكُمۡ تَشۡكُرُونَ ٢٦

26. Nikhumbule mhla niyidlanzana nithathwa njengabengeluthi emhlabeni nesaba ukuthi abantu bayoninaphaza, kepha Yena [u Allah] waniphephisa, wanisekela ngosizo lwaKhe waphinde wanondla ngalokho okumsulwa ukuze nibonge.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَخُونُواْ ٱللَّهَ وَٱلرَّسُولَ وَتَخُونُوٓاْ أَمَٰنَٰتِكُمۡ وَأَنتُمۡ تَعۡلَمُونَ ٢٧

27. Nina enikholwayo, ningabi abangathembekile ku Allah neSithunywa funa niphule izithembiso zenu [ngamabomu] nibe nazi.

وَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّمَآ أَمۡوَٰلُكُمۡ وَأَوۡلَٰدُكُمۡ فِتۡنَةٞ وَأَنَّ ٱللَّهَ عِندَهُۥٓ أَجۡرٌ عَظِيمٞ ٢٨

28. Futhi nihlale nazi ukuthi umcebo wenu nezingane zenu kuyisilingo, futhi nazi ukuthi u Allah unomvuzo omkhulu.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِن تَتَّقُواْ ٱللَّهَ يَجۡعَل لَّكُمۡ فُرۡقَانٗا وَيُكَفِّرۡ عَنكُمۡ سَيِّـَٔاتِكُمۡ وَيَغۡفِرۡ لَكُمۡۗ وَٱللَّهُ ذُو ٱلۡفَضۡلِ ٱلۡعَظِيمِ ٢٩

29. Nina enikholwayo, uma nithibela u Allah uyonipha ubuhlakani bokuhlukanisa [okubi kokuhle] aphinde futhi anesulele izimpambuko zenu anithethelele, phela u Allah unomusa omkhulu.

30. Khumbula mhla labo abangakholwa bakha uzungu ngawe ukuba bakubophe noma bakubulale noma bakudingise. Balakha uzungu lwabo, no Allah walwakha olwakhe, bheka ngoba u Allah wakha uzungu ngobuchule.

وَإِذْ يَمْكُرُ بِكَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لِيُثْبِتُوكَ أَوْ يَقْتُلُوكَ أَوْ يُخْرِجُوكَ ۚ وَيَمْكُرُونَ وَيَمْكُرُ ٱللَّهُ ۖ وَٱللَّهُ خَيْرُ ٱلْمَٰكِرِينَ ﴿٣٠﴾

31. Uma befundelwa imibiko yeThu, bathi: "Sesizwile, futhi uma sifuna singakusho nathi okufana nalokhu, phela lokhu izinganekwane nje zasendulo".

وَإِذَا تُتْلَىٰ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتُنَا قَالُوا۟ قَدْ سَمِعْنَا لَوْ نَشَآءُ لَقُلْنَا مِثْلَ هَٰذَآ ۙ إِنْ هَٰذَآ إِلَّآ أَسَٰطِيرُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٣١﴾

32. Khumbula lapho bethi [abangakholwa baseMakha]: "Allah, uma ngempela iqiniso elivela kuwe, sithele ngemvula yamatshe noma usilethele isijeziso esibuhlungu".

وَإِذْ قَالُوا۟ ٱللَّهُمَّ إِن كَانَ هَٰذَا هُوَ ٱلْحَقَّ مِنْ عِندِكَ فَأَمْطِرْ عَلَيْنَا حِجَارَةً مِّنَ ٱلسَّمَآءِ أَوِ ٱئْتِنَا بِعَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿٣٢﴾

33. U Allah angeke abajezise uma nje wena usasekhona maphakathi kwabo futhi u Allah angeke abajezise uma besacela intethelelo.

وَمَا كَانَ ٱللَّهُ لِيُعَذِّبَهُمْ وَأَنتَ فِيهِمْ ۚ وَمَا كَانَ ٱللَّهُ مُعَذِّبَهُمْ وَهُمْ يَسْتَغْفِرُونَ ﴿٣٣﴾

34. Yini lena abanayo engenza ukuba u Allah angabajezisi, kube yibona abavimba abantu ukuya eMasijidi Haramu futhi benjalo nje abasibona abangani baKhe. Ngokuba abangani bakhe yilabo abazithobayo, kepha iningi labo alazi.

وَمَا لَهُمْ أَلَّا يُعَذِّبَهُمُ ٱللَّهُ وَهُمْ يَصُدُّونَ عَنِ ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ وَمَا كَانُوٓا۟ أَوْلِيَآءَهُۥٓ ۚ إِنْ أَوْلِيَآؤُهُۥٓ إِلَّا ٱلْمُتَّقُونَ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٣٤﴾

35. Futhi umthandazo wabo eNdlini [eMasijidi Haramu] ukukewula nokushaya izandla. Ngakhoke zizweleni isijeziso ngenxa yalokho ebeningakukholwa.

وَمَا كَانَ صَلَاتُهُمْ عِندَ ٱلْبَيْتِ إِلَّا مُكَآءً وَتَصْدِيَةً ۚ فَذُوقُوا۟ ٱلْعَذَابَ بِمَا كُنتُمْ تَكْفُرُونَ ﴿٣٥﴾

36. Nebala, labo abangakholwa bachitha umcebo wabo ekubeni yisihibe endleleni ka Allah. Bayolokhu bewuchitha kepha uyoba unombangela wokuzisola kwabo bese beyanqotshwa. Futhi labo abangakholwa bayobuthaniswa eJahanamu [eMlilweni].

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ يُنفِقُونَ أَمْوَٰلَهُمْ لِيَصُدُّوا۟ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ ۚ فَسَيُنفِقُونَهَا ثُمَّ تَكُونُ عَلَيْهِمْ حَسْرَةً ثُمَّ يُغْلَبُونَ ۗ وَٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ إِلَىٰ جَهَنَّمَ يُحْشَرُونَ ﴿٣٦﴾

37. Ukuze u Allah ahlunge ukungcola kokuhlanzekile, bese ebeka ukungcola ndawonye akulakanyise konke bese ekufaka eJahanamu.

لِيَمِيزَ ٱللَّهُ ٱلْخَبِيثَ مِنَ ٱلطَّيِّبِ وَيَجْعَلَ ٱلْخَبِيثَ بَعْضَهُۥ عَلَىٰ بَعْضٍ فَيَرْكُمَهُۥ جَمِيعًا فَيَجْعَلَهُۥ فِى جَهَنَّمَ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْخَٰسِرُونَ ﴿٣٧﴾

38. Yithi kulabo abangakholwa, uma bepheza bayothethelelwa lokhu okwendlule, kepha uma bephikelela, okwenzeka kwabasendulo kuyaziwa.

قُل لِّلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ إِن يَنتَهُوا۟ يُغْفَرْ لَهُم مَّا قَدْ سَلَفَ وَإِن يَعُودُوا۟ فَقَدْ مَضَتْ سُنَّتُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٣٨﴾

39. Futhi yilwa nabo kuze kuphele ukubhanqa [u Allah nezikhonzwa] futhi inkolo yonke ibe ngeka Allah. Uma bepheza, u Allah uyakubona lokhu abakwenzayo.

وَقَٰتِلُوهُمْ حَتَّىٰ لَا تَكُونَ فِتْنَةٌ وَيَكُونَ ٱلدِّينُ كُلُّهُۥ لِلَّهِ ۚ فَإِنِ ٱنتَهَوْا۟ فَإِنَّ ٱللَّهَ بِمَا يَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٣٩﴾

40. Kepha bekushaya indiva, yazini ukuthi u Allah unguMhlengi wenu, futhi unguMhlengi omuhle noMsizi omuhle.

وَإِن تَوَلَّوْا۟ فَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ مَوْلَىٰكُمْ ۚ نِعْمَ ٱلْمَوْلَىٰ وَنِعْمَ ٱلنَّصِيرُ ﴿٤٠﴾

41. Yazini ukuthi kulokhu enikuphange empini, isingxenye eyodwa kwezinhlanu ingeka Allah neSithunywa nezihlobo nezintandane nabampofu nezihambi, uma ngempela nikholelwa ku Allah nakulokho esakwambulela esigqileni seThu ngosuku lomhlahlandlela, usuku lapho kwakutholane phezulu amaqembu amabili. Futhi u Allah unamandla okwenza izinto zonke.

* وَٱعْلَمُوٓاْ أَنَّمَا غَنِمْتُم مِّن شَىْءٍ فَأَنَّ لِلَّهِ خُمُسَهُۥ وَلِلرَّسُولِ وَلِذِى ٱلْقُرْبَىٰ وَٱلْيَتَٰمَىٰ وَٱلْمَسَٰكِينِ وَٱبْنِ ٱلسَّبِيلِ إِن كُنتُمْ ءَامَنتُم بِٱللَّهِ وَمَآ أَنزَلْنَا عَلَىٰ عَبْدِنَا يَوْمَ ٱلْفُرْقَانِ يَوْمَ ٱلْتَقَى ٱلْجَمْعَانِ ۗ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٤١﴾

42. Mhla nina ninganeno kwasehlanzeni bona bengaphesheya, undwendwe lona lwalungenzansi kwenu. Ukube navumelana ukuhlangana ngesikhathi esithize, beningeke nasigcina leso sikhathi, kepha u Allah ubefuna ukufeza into obekumele yenzeke, ukuze abhubhe lowo obhubhayo esebutholile ubufakazi nalowo ozophila aphile esenobufakazi. Futhi u Allah uNgozwayo Owaziyo.

إِذْ أَنتُم بِٱلْعُدْوَةِ ٱلدُّنْيَا وَهُم بِٱلْعُدْوَةِ ٱلْقُصْوَىٰ وَٱلرَّكْبُ أَسْفَلَ مِنكُمْ ۚ وَلَوْ تَوَاعَدتُّمْ لَٱخْتَلَفْتُمْ فِى ٱلْمِيعَٰدِ وَلَٰكِن لِّيَقْضِىَ ٱللَّهُ أَمْرًا كَانَ مَفْعُولًا لِّيَهْلِكَ مَنْ هَلَكَ عَنۢ بَيِّنَةٍ وَيَحْيَىٰ مَنْ حَىَّ عَنۢ بَيِّنَةٍ ۗ وَإِنَّ ٱللَّهَ لَسَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٤٢﴾

43. Khumbula ukuthi u Allah wakubonisa bona ephusheni beyidlanzana, phela ukube wakubonisa bona bebaningi, beniyophela amandla futhi benizophikisana ngaloludaba, kepha u Allah ubefuna ukufeza into obekumele yenzeke, ngokuba Yena uyasazi isimo sezinhliziyo.

إِذْ يُرِيكَهُمُ ٱللَّهُ فِى مَنَامِكَ قَلِيلًا ۖ وَلَوْ أَرَىٰكَهُمْ كَثِيرًا لَّفَشِلْتُمْ وَلَتَنَٰزَعْتُمْ فِى ٱلْأَمْرِ وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ سَلَّمَ ۚ إِنَّهُۥ عَلِيمٌۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿٤٣﴾

44. Khumbula futhi ukuthi wanibonisa bona beyidlanzana emehlweni enu mhla nihlangana, wanenza nani nayidlanzana emehlweni abo, ukuze phela u Allah afeze lokho obekumele kwenzeke. Futhi zonke izinto ziyobuyela ku Allah.

وَإِذْ يُرِيكُمُوهُمْ إِذِ ٱلْتَقَيْتُمْ فِىٓ أَعْيُنِكُمْ قَلِيلًا وَيُقَلِّلُكُمْ فِىٓ أَعْيُنِهِمْ لِيَقْضِىَ ٱللَّهُ أَمْرًا كَانَ مَفْعُولًا ۗ وَإِلَى ٱللَّهِ تُرْجَعُ ٱلْأُمُورُ ﴿٤٤﴾

45. Nina enikholwayo, uma nitholana phezulu neqembu, zimelelani futhi nikhumbule u Allah kakhulu ukuze niphumelele.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِذَا لَقِيتُمْ فِئَةً فَٱثْبُتُوا۟ وَٱذْكُرُوا۟ ٱللَّهَ كَثِيرًا لَّعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿٤٥﴾

46. Futhi nilalele u Allah neSithunywa saKhe, ningaphikisani, funa nibe buthaka niphelelwe umdlandla wenu. Nibekezele, ngokuba u Allah unalabo ababekezelayo.

وَأَطِيعُوا۟ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ وَلَا تَنَـٰزَعُوا۟ فَتَفْشَلُوا۟ وَتَذْهَبَ رِيحُكُمْ ۖ وَٱصْبِرُوٓا۟ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ مَعَ ٱلصَّـٰبِرِينَ ﴿٤٦﴾

47. Futhi ningabi njengalaba abaphuma emizini yabo bezindondonya izifuba, bebukisa ebantwini futhi beyisihibe endleleni ka Allah. U Allah ukuhaqe konke abakwenzayo.

وَلَا تَكُونُوا۟ كَٱلَّذِينَ خَرَجُوا۟ مِن دِيَـٰرِهِم بَطَرًا وَرِئَآءَ ٱلنَّاسِ وَيَصُدُّونَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ ۚ وَٱللَّهُ بِمَا يَعْمَلُونَ مُحِيطٌ ﴿٤٧﴾

48. Khumbula futhi ukuthi uShayitani wabakhangisela izenzo zabo wathi: "Akukho muntu oyoninqoba namhlanje futhi mina ngiyonivikela". Kepha kwathi esetholana phezulu amaqembu amabili, wateta izithende emhlane wathi: "Angihlanganise lutho nani, ngokuba ngibona lokhu nina eningakuboni futhi ngiyamesaba u Allah, ngokuba u Allah ujezisana kanzima".

وَإِذْ زَيَّنَ لَهُمُ ٱلشَّيْطَـٰنُ أَعْمَـٰلَهُمْ وَقَالَ لَا غَالِبَ لَكُمُ ٱلْيَوْمَ مِنَ ٱلنَّاسِ وَإِنِّى جَارٌ لَّكُمْ ۖ فَلَمَّا تَرَٰٓءَتِ ٱلْفِئَتَانِ نَكَصَ عَلَىٰ عَقِبَيْهِ وَقَالَ إِنِّى بَرِىٓءٌ مِّنكُمْ إِنِّىٓ أَرَىٰ مَا لَا تَرَوْنَ إِنِّىٓ أَخَافُ ٱللَّهَ ۚ وَٱللَّهُ شَدِيدُ ٱلْعِقَابِ ﴿٤٨﴾

إِذْ يَقُولُ ٱلْمُنَٰفِقُونَ وَٱلَّذِينَ فِى قُلُوبِهِم مَّرَضٌ غَرَّ هَٰٓؤُلَآءِ دِينُهُمْ ۗ وَمَن يَتَوَكَّلْ عَلَى ٱللَّهِ فَإِنَّ ٱللَّهَ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٤٩﴾

49. Khumbula lapho amaphixiphixi nalabo abanokufa ezinhlizweni zabo, bethi: "Impela laba ibadukisie inkolo yabo". Kepha lowo othembela ku Allah, nebala u Allah uSomandla Okhaliphile.

وَلَوْ تَرَىٰٓ إِذْ يَتَوَفَّى ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ يَضْرِبُونَ وُجُوهَهُمْ وَأَدْبَٰرَهُمْ وَذُوقُوا۟ عَذَابَ ٱلْحَرِيقِ ﴿٥٠﴾

50. Futhi ukube ubungabona lapho izingelosi zithatha imiphefumulo yalabo abangakholwa, zishaya ubuso babo nemihlane yabo zithi: "yizwani isijeziso somlilo".

ذَٰلِكَ بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيكُمْ وَأَنَّ ٱللَّهَ لَيْسَ بِظَلَّٰمٍ لِّلْعَبِيدِ ﴿٥١﴾

51. Lokho ngungenxa yemisebenzi yezandla zenu nokuthi futhi u Allah akasihlukumezi isigqila.

كَدَأْبِ ءَالِ فِرْعَوْنَ وَٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۚ كَفَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ فَأَخَذَهُمُ ٱللَّهُ بِذُنُوبِهِمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ قَوِىٌّ شَدِيدُ ٱلْعِقَابِ ﴿٥٢﴾

52. Njengalokhu okwenzeka kusizwe sikaFir'awoni nalabo ababandulelayo. Abakholwanga kuMibiko ka Allah, wabe u Allah esebajezisa ngezimpambuko zabo. Bheka ngoba u Allah Unamandla ujezisana kanzima.

ذَٰلِكَ بِأَنَّ ٱللَّهَ لَمْ يَكُ مُغَيِّرًا نِّعْمَةً أَنْعَمَهَا عَلَىٰ قَوْمٍ حَتَّىٰ يُغَيِّرُوا۟ مَا بِأَنفُسِهِمْ وَأَنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٥٣﴾

53. Lokho yingoba u Allah akasoze asiguqula isibusiso abusise ngaso isizwe esithize kube yibona abaguqukayo ngokwabo, nanokuthi futhi u Allah Ungozwayo Owaziyo.

كَدَأْبِ ءَالِ فِرْعَوْنَ وَٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۚ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِ رَبِّهِمْ فَأَهْلَكْنَٰهُم بِذُنُوبِهِمْ وَأَغْرَقْنَآ ءَالَ فِرْعَوْنَ ۚ وَكُلٌّ كَانُوا۟ ظَٰلِمِينَ ﴿٥٤﴾

54. Njengoba bekuwumkhuba wesizwe sikaFir'awoni kanye nalabo ababandulelayo, abakholwanga yiMibiko yeThu, sabe sesibhubhisa ngenxa yezimpambuko zabo sacwilisa abantu bakaFir'awuni futhi bonke babephambukile.

إِنَّ شَرَّ ٱلدَّوَآبِّ عِندَ ٱللَّهِ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ فَهُمۡ لَا يُؤۡمِنُونَ ﴿٥٥﴾

55. Nebala, isidalwa okiyisona esibi ku Allah, yilabo abangakholwa abangasoze bakholwa.

ٱلَّذِينَ عَٰهَدتَّ مِنۡهُمۡ ثُمَّ يَنقُضُونَ عَهۡدَهُمۡ فِي كُلِّ مَرَّةٖ وَهُمۡ لَا يَتَّقُونَ ﴿٥٦﴾

56. Yilabo owenza isivumelwano nabo kepha bona basephule isivumelwano sabo ngaso sonke isikhathi, futhi bengenakho ukuthobela u Allah.

فَإِمَّا تَثۡقَفَنَّهُمۡ فِي ٱلۡحَرۡبِ فَشَرِّدۡ بِهِم مَّنۡ خَلۡفَهُمۡ لَعَلَّهُمۡ يَذَّكَّرُونَ ﴿٥٧﴾

57. Uma utholana nabo empini, benze isilo sengubo kuze kwazi labo ababeshiye emuva ukuze nabo bafunde isifundo.

وَإِمَّا تَخَافَنَّ مِن قَوۡمٍ خِيَانَةٗ فَٱنۢبِذۡ إِلَيۡهِمۡ عَلَىٰ سَوَآءٍۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ ٱلۡخَآئِنِينَ ﴿٥٨﴾

58. Futhi uma usola ukungathembeki esizweni esithize [eninesivumelwano naso], bazise ngokufanayo, ngokuba uAllah akawathandi amaqili.

وَلَا يَحۡسَبَنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ سَبَقُوٓاْۚ إِنَّهُمۡ لَا يُعۡجِزُونَ ﴿٥٩﴾

59. Laba abangakholwa mabangacabangi ukuthi sebephunyukile, ngokuba abasoze baphunyuka.

وَأَعِدُّواْ لَهُم مَّا ٱسۡتَطَعۡتُم مِّن قُوَّةٖ وَمِن رِّبَاطِ ٱلۡخَيۡلِ تُرۡهِبُونَ بِهِۦ عَدُوَّ ٱللَّهِ وَعَدُوَّكُمۡ وَءَاخَرِينَ مِن دُونِهِمۡ لَا تَعۡلَمُونَهُمُ ٱللَّهُ يَعۡلَمُهُمۡۚ وَمَا تُنفِقُواْ مِن شَيۡءٖ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ يُوَفَّ إِلَيۡكُمۡ وَأَنتُمۡ لَا تُظۡلَمُونَ ﴿٦٠﴾

60. Zilungiseleleni ukubhekana nabo [abangakholwa] lokho enikukhonayo emandleni[1] nasekugibeleni injomane enisabisa ngayo isitha sika Allah nesitha senu. Futhi ezinye ngaphandle kwabo anibazi, kepha u Allah uyabazi. Futhi

1 Ngamandla kuchazwa konke lokhu okudingakalayo empini, njengokuziqeqesha kwebutho, izikhali nokusebenzisa ngobuchule. Lokhu kufakazelwa amazwi eSithunywa mhla esho ukuthi "amandla ukuciba ngomcibisholo". Lokhu kusho ukuthi amaMusilimu kumele ehlale esesimeni esigculisayo ukuzivikela ezitheni zabo ukuze angaphenduki izisulu zezitha. Kumele izitha zicabange kaningi ngaphambi kokunquma ukubahlasela.

konke enikuchitha endleleni ka Allah niyobuyiselwa kona ningaqilwa lutho.

61. Uma behlongoza ukubeka phansi izikhali, nani yenzani kanjalo bese nithembela ku Allah, ngokuba Ungobanayo Owaziyo.

* وَإِن جَنَحُواْ لِلسَّلۡمِ فَٱجۡنَحۡ لَهَا وَتَوَكَّلۡ عَلَى ٱللَّهِۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلۡعَلِيمُ ٦١

62. Uma befuna ukukuqila, u Allah ukwanele. Phela nguYena lona owakusekela ngosizo lwaKhe nangabakholwayo.

وَإِن يُرِيدُوٓاْ أَن يَخۡدَعُوكَ فَإِنَّ حَسۡبَكَ ٱللَّهُۚ هُوَ ٱلَّذِيٓ أَيَّدَكَ بِنَصۡرِهِۦ وَبِٱلۡمُؤۡمِنِينَ ٦٢

63. Wahlanganisa izinhliziyo zabo; uma ubangachitha konke okusemhlabeni ubungeke wazihlanganisa izinhliziyo zabo, kepha u Allah wabahlanganisa ngokuba Yena unguSomandla Okhaliphile.

وَأَلَّفَ بَيۡنَ قُلُوبِهِمۡۚ لَوۡ أَنفَقۡتَ مَا فِي ٱلۡأَرۡضِ جَمِيعٗا مَّآ أَلَّفۡتَ بَيۡنَ قُلُوبِهِمۡ وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ أَلَّفَ بَيۡنَهُمۡۚ إِنَّهُۥ عَزِيزٌ حَكِيمٞ ٦٣

64. Sithunywa, u Allah ukwanele kanye nalabo abakholwayo abakulandelayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِيُّ حَسۡبُكَ ٱللَّهُ وَمَنِ ٱتَّبَعَكَ مِنَ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ ٦٤

65. Sithunywa, gqugquzela abakholwayo ngokuya empini. Uma kunabangamashumi amabili azimelele kini, bayonqoba amakhulu amabili Kuthi uma beyikhulu, bayonqoba inkulungwane yalabo abangakholwa ngokuba bangabantu abangenakuqonda.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِيُّ حَرِّضِ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ عَلَى ٱلۡقِتَالِۚ إِن يَكُن مِّنكُمۡ عِشۡرُونَ صَٰبِرُونَ يَغۡلِبُواْ مِاْئَتَيۡنِۚ وَإِن يَكُن مِّنكُم مِّاْئَةٞ يَغۡلِبُوٓاْ أَلۡفٗا مِّنَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ بِأَنَّهُمۡ قَوۡمٞ لَّا يَفۡقَهُونَ ٦٥

66. Manje u Allah unenzele lula futhi uyazi ukuthi kunalabo ababuthaka kini. Ngakhoke uma kunabayikhulu elizimelele

ٱلۡـَٰٔنَ خَفَّفَ ٱللَّهُ عَنكُمۡ وَعَلِمَ أَنَّ فِيكُمۡ ضَعۡفٗاۚ فَإِن يَكُن مِّنكُم مِّاْئَةٞ صَابِرَةٞ يَغۡلِبُواْ مِاْئَتَيۡنِۚ

kini, bayonqoba amakhulu amabili. Kuthi uma beyinkulungwane, bayonqoba abayizinkulungwane ezimbili ngemvumo ka Allah, futhi u Allah ukanye nalabo ababekezelayo.

وَإِن يَكُن مِّنكُمْ أَلْفٌ يَغْلِبُوٓاْ أَلْفَيْنِ بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۗ وَٱللَّهُ مَعَ ٱلصَّٰبِرِينَ ﴿٦٦﴾

67. Akumele iSithunywa sibe nezithunjwa zempi kuze uqotha imbokodo ezweni. Nifuna izinto zomhlaba kulapho u Allah ufuna eLizayo, futhi u Allah unguSomandla Okhaliphile.

مَا كَانَ لِنَبِيٍّ أَن يَكُونَ لَهُۥٓ أَسْرَىٰ حَتَّىٰ يُثْخِنَ فِى ٱلْأَرْضِ ۚ تُرِيدُونَ عَرَضَ ٱلدُّنْيَا وَٱللَّهُ يُرِيدُ ٱلْءَاخِرَةَ ۗ وَٱللَّهُ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٦٧﴾

68. Ukube bekungesiso isinqumo ebesikade savela ku Allah, benizotholwa isijeziso esinzima kulokho enakuthatha [kuzithunjwa uku zikhululwe].

لَّوْلَا كِتَٰبٌ مِّنَ ٱللَّهِ سَبَقَ لَمَسَّكُمْ فِيمَآ أَخَذْتُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿٦٨﴾

69. Ngakhoke dlanini okuvunyelwe nokusulwa kulokho enikuphangile empini, nithobele u Allah. Nebala u Allah ungoThethelelayo Onesihe.

فَكُلُوا۟ مِمَّا غَنِمْتُمْ حَلَٰلًا طَيِّبًا ۚ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٦٩﴾

70. Sithunywa, yithi kulabo abasezandleni zenu abayiziboshwa: "Ukube bekukhona okuhle okusezinhlizweni zenu u Allah akwaziyo, ubezonipha okungcono kunalokho okuthathwe kini futhi anithethelele, ngokuba u Allah ungoThethelelayo Onesihe.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِىُّ قُل لِّمَن فِىٓ أَيْدِيكُم مِّنَ ٱلْأَسْرَىٰٓ إِن يَعْلَمِ ٱللَّهُ فِى قُلُوبِكُمْ خَيْرًا يُؤْتِكُمْ خَيْرًا مِّمَّآ أُخِذَ مِنكُمْ وَيَغْفِرْ لَكُمْ ۚ وَٱللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٧٠﴾

71. Uma behlose ukukukhohlisa, sebeke bazama ukukhohlisa u Allah phambilini, kepha wabathola, ngokuba u Allah ungoWaziyo Okhaliphile.

وَإِن يُرِيدُوا۟ خِيَانَتَكَ فَقَدْ خَانُوا۟ ٱللَّهَ مِن قَبْلُ فَأَمْكَنَ مِنْهُمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٌ ﴿٧١﴾

72. Nebala labo abakholwayo abafuduka [*ngeHijira*] futhi bazabalaza endleleni ka Allah ngomcebo wabo nabo uqobo, kanye nalabo abakhoselisa balekelela, bonke labo bangabangani omunye komunye. Kepha labo abakholwayo kodwa abangazange bafuduke, aninakuzibandakanya nabo ngalutho baze bafuduke. Uma befuna usizo kini mayelana nenkolo, basizeni, ngaphandle uma kuphambene nabantu okunesivumelwano phakathi kwenu nabo. Futhi u Allah ukubona konke enikwenzayo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَهَاجَرُوا۟ وَجَٰهَدُوا۟ بِأَمْوَٰلِهِمْ وَأَنفُسِهِمْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَٱلَّذِينَ ءَاوَوا۟ وَّنَصَرُوٓا۟ أُو۟لَٰٓئِكَ بَعْضُهُمْ أَوْلِيَآءُ بَعْضٍ ۚ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَلَمْ يُهَاجِرُوا۟ مَا لَكُم مِّن وَلَٰيَتِهِم مِّن شَىْءٍ حَتَّىٰ يُهَاجِرُوا۟ ۚ وَإِنِ ٱسْتَنصَرُوكُمْ فِى ٱلدِّينِ فَعَلَيْكُمُ ٱلنَّصْرُ إِلَّا عَلَىٰ قَوْمٍ بَيْنَكُمْ وَبَيْنَهُم مِّيثَٰقٌ ۗ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٧٢﴾

73. Futhi labo abangakholwa bangabangani omunye komunye. Uma ningakwenike lokhu [ukuzibandakanya nabakholwayo abaqotho nokuziqhelelanisa nabangakholwa], kuyoba nothuthuva ezweni nempambuko enkulu.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بَعْضُهُمْ أَوْلِيَآءُ بَعْضٍ ۚ إِلَّا تَفْعَلُوهُ تَكُن فِتْنَةٌ فِى ٱلْأَرْضِ وَفَسَادٌ كَبِيرٌ ﴿٧٣﴾

74. Futhi labo abakholwayo bafuduka bazabalaza endleleni ka Allah kanye nalabo abakhoselisa balekelela, yibona kanye laba abangabakholwayo ngokweqiniso, bayothola intethelelo nesondlo esihle.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَهَاجَرُواْ وَجَٰهَدُواْ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ وَٱلَّذِينَ ءَاوَواْ وَّنَصَرُوٓاْ أُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُؤْمِنُونَ حَقًّاۚ لَّهُم مَّغْفِرَةٌ وَرِزْقٌ كَرِيمٌ ﴿٧٤﴾

75. Kanti nalabo abakholwa mveni bafuduka bazabalaza kanye nani, labo bamunye nani. Futhi ngokunqunywe ngu Allah, abozalo yibona okumele babe yizindlalifa zabanye bozalo. Ngempela u Allah wazi yonke into.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مِنۢ بَعْدُ وَهَاجَرُواْ وَجَٰهَدُواْ مَعَكُمْ فَأُوْلَٰٓئِكَ مِنكُمْۚ وَأُوْلُواْ ٱلْأَرْحَامِ بَعْضُهُمْ أَوْلَىٰ بِبَعْضٍ فِي كِتَٰبِ ٱللَّهِۗ إِنَّ ٱللَّهَ بِكُلِّ شَيْءٍ عَلِيمُۢ ﴿٧٥﴾

(9) SURA TAWUBHA
UKUZISOLA NOKUCELA INTETHELELO

سُورَةُ التَّوۡبَةِ

بَرَآءَةٞ مِّنَ ٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦٓ إِلَى ٱلَّذِينَ عَٰهَدتُّم مِّنَ ٱلۡمُشۡرِكِينَ ١

1. [Lesi] isimemezelo sokuziqhelelanisa kuka Allah neSithunywa saKhe kulabo abakhonza izithixo enenze isivumelwano nabo.

فَسِيحُواْ فِي ٱلۡأَرۡضِ أَرۡبَعَةَ أَشۡهُرٖ وَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّكُمۡ غَيۡرُ مُعۡجِزِي ٱللَّهِ وَأَنَّ ٱللَّهَ مُخۡزِي ٱلۡكَٰفِرِينَ ٢

2. Nakhoke [nina enikhonza izithixo], hambani ngokukhululeka ezweni izinyanga ezine, futhi nihlale nazi ukuthi anisoze namphunyuka u Allah nokuthi futhi u Allah uyobahlaza labo abangakholwa.

وَأَذَٰنٞ مِّنَ ٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦٓ إِلَى ٱلنَّاسِ يَوۡمَ ٱلۡحَجِّ ٱلۡأَكۡبَرِ أَنَّ ٱللَّهَ بَرِيٓءٞ مِّنَ ٱلۡمُشۡرِكِينَ وَرَسُولُهُۥۚ فَإِن تُبۡتُمۡ فَهُوَ خَيۡرٞ لَّكُمۡۖ وَإِن تَوَلَّيۡتُمۡ فَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّكُمۡ غَيۡرُ مُعۡجِزِي ٱللَّهِۗ وَبَشِّرِ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ بِعَذَابٍ أَلِيمٍ ٣

3. Futhi nesimemezelo esivela ku Allah neSithunywa saKhe sibhekiswe kusintu ngosuku lomkhosi we-*Idi* yomhlatshelo, esithi: "u Allah neSithunywa saKhe abahlanganise lutho nalabo abakhonza izithixo". Uma [nina enikhonza izithixo] nizisola nicela intethelelo, yikona okungcono kini, kepha uma nishaya indiva, hlalani nazi ukuthi anisoze naphunyuka ku Allah. Futhi yazisa labo abangakholwa ukuthi bayohloma isijeziso esibuhlungu.

إِلَّا ٱلَّذِينَ عَٰهَدتُّم مِّنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ثُمَّ لَمْ يَنقُصُوكُمْ شَيْـًٔا وَلَمْ يُظَٰهِرُوا۟ عَلَيْكُمْ أَحَدًا فَأَتِمُّوٓا۟ إِلَيْهِمْ عَهْدَهُمْ إِلَىٰ مُدَّتِهِمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلْمُتَّقِينَ ﴿٤﴾

4. Ngaphandle kwalabo abakhonza izithixo eninesivumelwano nabo futhi abangazange baniqile ngalutho noma basekele abanye ekulweni nani; sigcineni isivumelwano nabo kuze kuphele isikhathi saso. Nebala uAllah uyabathanda labo abamthobelayo.

فَإِذَا ٱنسَلَخَ ٱلْأَشْهُرُ ٱلْحُرُمُ فَٱقْتُلُوا۟ ٱلْمُشْرِكِينَ حَيْثُ وَجَدتُّمُوهُمْ وَخُذُوهُمْ وَٱحْصُرُوهُمْ وَٱقْعُدُوا۟ لَهُمْ كُلَّ مَرْصَدٍ ۚ فَإِن تَابُوا۟ وَأَقَامُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتَوُا۟ ٱلزَّكَوٰةَ فَخَلُّوا۟ سَبِيلَهُمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٥﴾

5. Uma seziphelile izinyanga ezihlonishwayo [*iMuharamu, uRajabhu, Dul-Ka'ada, Dul-Hija*], bulalani labo abakhonza izithixo yonke indawo lapho enibathola khona, nibabambe, nibavimbezele futhi nibacuthele kuyo yonke indawo. Kepha uma bezisola futhi benze iswala bakhiphe nezakati, badedeleni, ngokuba u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

وَإِنْ أَحَدٌ مِّنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ٱسْتَجَارَكَ فَأَجِرْهُ حَتَّىٰ يَسْمَعَ كَلَٰمَ ٱللَّهِ ثُمَّ أَبْلِغْهُ مَأْمَنَهُۥ ۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ قَوْمٌ لَّا يَعْلَمُونَ ﴿٦﴾

6. Futhi uma omunye walabo abakhonza izithixo ekucela ukuba umvikele, mvikele ukuze akhone ukuzwa Izwi lika Allah [*iKurani*], bese umfinyelelisa lapho ayophepha khona. Lokho yingoba bangabantu abangazi.

كَيْفَ يَكُونُ لِلْمُشْرِكِينَ عَهْدٌ عِندَ ٱللَّهِ وَعِندَ رَسُولِهِۦٓ إِلَّا ٱلَّذِينَ عَٰهَدتُّمْ عِندَ ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ ۖ فَمَا ٱسْتَقَٰمُوا۟ لَكُمْ فَٱسْتَقِيمُوا۟ لَهُمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلْمُتَّقِينَ ﴿٧﴾

7. Labo abakhonza izithixo bangaba kanjani nesivumelwano ku Allah neSithunywa saKhe na? Ngaphandleke kwalabo enenza nabo isivumelwano *eMasijidi Haramu [eHudayibiya]*. Uma besalokhu bethembekile kini, nani thembekani kubo, ngokuba u Allah uyabathanda labo abamthobelayo.

كَيْفَ وَإِن يَظْهَرُوا۟ عَلَيْكُمْ لَا يَرْقُبُوا۟ فِيكُمْ إِلًّا وَلَا ذِمَّةً ۚ يُرْضُونَكُم بِأَفْوَٰهِهِمْ وَتَأْبَىٰ قُلُوبُهُمْ وَأَكْثَرُهُمْ فَٰسِقُونَ ﴿٨﴾

8. Bangaba kanjani nesivumelwano, ngoba uma bengaba namandla phezu kwenu, abayikuba nandaba

ٱشْتَرَوْا۟ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ ثَمَنًا قَلِيلًا فَصَدُّوا۟ عَن سَبِيلِهِۦٓ ۚ إِنَّهُمْ سَآءَ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٩﴾

9. Bathengise ngezambulo zika Allah ngenani eliyize, baba futhi yizihibe endleni ka Allah. Kwaze kwakubi impela lokhu abakwenzayo.

لَا يَرْقُبُونَ فِى مُؤْمِنٍ إِلًّا وَلَا ذِمَّةً ۚ وَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُعْتَدُونَ ﴿١٠﴾

10. Uma kufika kwabakholwayo, abamkhathaleli u Allah nesivumelwano, ngokuba labo bayiziphula-mthetho uqobo.

فَإِن تَابُوا۟ وَأَقَامُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتَوُا۟ ٱلزَّكَوٰةَ فَإِخْوَٰنُكُمْ فِى ٱلدِّينِ ۗ وَنُفَصِّلُ ٱلْـَٔايَٰتِ لِقَوْمٍ يَعْلَمُونَ ﴿١١﴾

11. Kepha uma bezisola, becela intethlelo, baqikelele ukwenza iswala baphinde bakhiphe nezakati, sebengabanewenu okholweni. Futhi siyabacacisela imibiko labo bantu abanolwazi.

وَإِن نَّكَثُوٓا۟ أَيْمَٰنَهُم مِّنۢ بَعْدِ عَهْدِهِمْ وَطَعَنُوا۟ فِى دِينِكُمْ فَقَٰتِلُوٓا۟ أَئِمَّةَ ٱلْكُفْرِ ۙ إِنَّهُمْ لَآ أَيْمَٰنَ لَهُمْ لَعَلَّهُمْ يَنتَهُونَ ﴿١٢﴾

12. Uma bephula izifungo zabo emveni kwesivumelwano sabo, baphinde futhi bagxeke ukholo lwenu, bulalani abaholi bokungakholwa, ngoba abazifezi izifungo zabo, ukuze bapheze.

أَلَا تُقَٰتِلُونَ قَوْمًا نَّكَثُوٓا۟ أَيْمَٰنَهُمْ وَهَمُّوا۟ بِإِخْرَاجِ ٱلرَّسُولِ وَهُم بَدَءُوكُمْ أَوَّلَ مَرَّةٍ ۚ أَتَخْشَوْنَهُمْ ۚ فَٱللَّهُ أَحَقُّ أَن تَخْشَوْهُ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١٣﴾

13. Ningahlala kanjani ningalwi nalabo bantu abangazifezi izifungo zabo futhi ababezimisele ukudingisa iSithunywa futhi kube kuyibona abanisukele kuqala. Ingabe niyabesaba na? Ngu Allah kuphela okumele nimesabe uma ngempela ningabakholwayo.

14. Yilwani nabo ukuze phela u Allah abajezise ngezandla zenu futhi abahlaze aphinde anisize nibanqobe futhi alaphe asindise izinhliziyo zabantu abakholwayo.

قَٰتِلُوهُمْ يُعَذِّبْهُمُ ٱللَّهُ بِأَيْدِيكُمْ وَيُخْزِهِمْ وَيَنصُرْكُمْ عَلَيْهِمْ وَيَشْفِ صُدُورَ قَوْمٍ مُّؤْمِنِينَ ﴿١٤﴾

15. Aphinde futhi asuse inzondo ezinhlizweni zabo [abakholwayo] futhi u Allah uthethelela amthandayo. Belu u Allah Ungowaziyo Okhaliphile.

وَيُذْهِبْ غَيْظَ قُلُوبِهِمْ ۗ وَيَتُوبُ ٱللَّهُ عَلَىٰ مَن يَشَآءُ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٌ ﴿١٥﴾

16. Ingabe benicabanga ukuthi nizoyekwa nje [ningavivinywa], ekubeni u Allah engakabazi [ngokubahlonza] labo abazikhandlayo kini futhi abangazange babe nezithenjwa ngaphandle kuka Allah neSithunywa saKhe kanye nabakholwayo, futhi u Allah unolwazi ngakho konke enikwenzayo.

أَمْ حَسِبْتُمْ أَن تُتْرَكُوا۟ وَلَمَّا يَعْلَمِ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ جَٰهَدُوا۟ مِنكُمْ وَلَمْ يَتَّخِذُوا۟ مِن دُونِ ٱللَّهِ وَلَا رَسُولِهِۦ وَلَا ٱلْمُؤْمِنِينَ وَلِيجَةً ۚ وَٱللَّهُ خَبِيرٌۢ بِمَا تَعْمَلُونَ ﴿١٦﴾

17. Labo ababhanqayo akumele banakekele *amaMasijidi* ka Allah besavuma ukuthi abakholwa. Yibo kanye labo izenzo ziyoshabalala futhi bayohlala unaphakade eMlilweni.

مَا كَانَ لِلْمُشْرِكِينَ أَن يَعْمُرُوا۟ مَسَٰجِدَ ٱللَّهِ شَٰهِدِينَ عَلَىٰٓ أَنفُسِهِم بِٱلْكُفْرِ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ حَبِطَتْ أَعْمَٰلُهُمْ وَفِى ٱلنَّارِ هُمْ خَٰلِدُونَ ﴿١٧﴾

18. Okumele kube yibona abanakekela amaMasijidi ka Allah, yilowo okholelwa ku Allah nasokukwini lokuGcina futhi aqikelele ukwenza *iSwala* akhiphe *neZakati* futhi angasabi lutho ngaphande kuka Allah. Yibona-ke labo okunethemba lokuthi bayohlengeka.

إِنَّمَا يَعْمُرُ مَسَٰجِدَ ٱللَّهِ مَنْ ءَامَنَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ وَأَقَامَ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتَى ٱلزَّكَوٰةَ وَلَمْ يَخْشَ إِلَّا ٱللَّهَ ۖ فَعَسَىٰٓ أُو۟لَٰٓئِكَ أَن يَكُونُوا۟ مِنَ ٱلْمُهْتَدِينَ ﴿١٨﴾

19. Labo [abangakholwa] abaphuzisa abenza *iHaji*baphinde banakekele *iMasijidi Haramu*, ingabe nibafanisa nalowo okholelwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina aphinde alwele indlela ka Allah na? Abalingani ku Allah, belu u Allah akabaholi abantu abaphambukayo.

* أَجَعَلْتُمْ سِقَايَةَ ٱلْحَآجِّ وَعِمَارَةَ ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ كَمَنْ ءَامَنَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ وَجَٰهَدَ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ۚ لَا يَسْتَوُۥنَ عِندَ ٱللَّهِ ۗ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٩﴾

20. Labo abakholwayo, abafuduka futhi balwele indlela ka Allah ngomcebo wabo nangezimpilo zabo, yibona abanezigaba eziphakeme ku Allah futhi yibo labo abayophumelela.

ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَهَاجَرُوا۟ وَجَٰهَدُوا۟ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ بِأَمْوَٰلِهِمْ وَأَنفُسِهِمْ أَعْظَمُ دَرَجَةً عِندَ ٱللَّهِ ۚ وَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْفَآئِزُونَ ﴿٢٠﴾

21. INkosi yabo ibahalelisela ngomusa ovela kuYo nentokozo nezivande, abayothola kuzo ukunethezeka okungapheli.

يُبَشِّرُهُمْ رَبُّهُم بِرَحْمَةٍ مِّنْهُ وَرِضْوَٰنٍ وَجَنَّٰتٍ لَّهُمْ فِيهَا نَعِيمٌ مُّقِيمٌ ﴿٢١﴾

22. Bayohlala kuzo [izivande] unomphela onaphakade. Nebala u Allah unomvuzo omkhulu.

خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدًا ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عِندَهُۥٓ أَجْرٌ عَظِيمٌ ﴿٢٢﴾

23. Nina enikholwayo, ningenzi abazali benu nabanewenu abangani, uma bethande ukungakholwa kunokukholwa, ngokuba labo abayobenza abangani kini, bayoba ngabaphambukile.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تَتَّخِذُوٓا۟ ءَابَآءَكُمْ وَإِخْوَٰنَكُمْ أَوْلِيَآءَ إِنِ ٱسْتَحَبُّوا۟ ٱلْكُفْرَ عَلَى ٱلْإِيمَٰنِ ۚ وَمَن يَتَوَلَّهُم مِّنكُمْ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ﴿٢٣﴾

24. Yithi: "Uma abazali benu nezingane zenu nabanewenu nabafazi benu nemindeni yenu nemicebo yenu eniyicongelele nohwebu enisaba ukuwa kwalo

قُلْ إِن كَانَ ءَابَآؤُكُمْ وَأَبْنَآؤُكُمْ وَإِخْوَٰنُكُمْ وَأَزْوَٰجُكُمْ وَعَشِيرَتُكُمْ وَأَمْوَٰلٌ ٱقْتَرَفْتُمُوهَا وَتِجَٰرَةٌ تَخْشَوْنَ كَسَادَهَا وَمَسَٰكِنُ تَرْضَوْنَهَآ

أَحَبَّ إِلَيۡكُم مِّنَ ٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ وَجِهَادٖ فِي سَبِيلِهِۦ فَتَرَبَّصُواْ حَتَّىٰ يَأۡتِيَ ٱللَّهُ بِأَمۡرِهِۦۗ وَٱللَّهُ لَا يَهۡدِي ٱلۡقَوۡمَ ٱلۡفَٰسِقِينَ ٢٤

nemizi enithokozayo ngayo, nikuthanda ukudlula u Allah neSithunywa saKhe nokulwela indlela yaKhe, lindani aze u Allah alethe umyalelo waKhe. Futhi u Allah akababaholi abantu abayizephula mthetho.

لَقَدۡ نَصَرَكُمُ ٱللَّهُ فِي مَوَاطِنَ كَثِيرَةٖ وَيَوۡمَ حُنَيۡنٍ إِذۡ أَعۡجَبَتۡكُمۡ كَثۡرَتُكُمۡ فَلَمۡ تُغۡنِ عَنكُمۡ شَيۡـٔٗا وَضَاقَتۡ عَلَيۡكُمُ ٱلۡأَرۡضُ بِمَا رَحُبَتۡ ثُمَّ وَلَّيۡتُم مُّدۡبِرِينَ ٢٥

25. Nebala, u Allah wanisiza ezindaweni eziningi, nangosuku lwaseHunayini, mhla niyengwa ubuningi benu obungazange bunisize ngalutho, kwabancane indawo, nabaleka nibuyela emuva.

ثُمَّ أَنزَلَ ٱللَّهُ سَكِينَتَهُۥ عَلَىٰ رَسُولِهِۦ وَعَلَى ٱلۡمُؤۡمِنِينَ وَأَنزَلَ جُنُودٗا لَّمۡ تَرَوۡهَا وَعَذَّبَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْۚ وَذَٰلِكَ جَزَآءُ ٱلۡكَٰفِرِينَ ٢٦

26. U Allah wabe esehlisa uzinzo lwaKhe kuSithunywa saKhe nakubakholwayo, wehlisela amabutho eningawabonanga, wajezisa labo abangakholwa; lokho, yiwona umvuzo wabangakholwa.

ثُمَّ يَتُوبُ ٱللَّهُ مِنۢ بَعۡدِ ذَٰلِكَ عَلَىٰ مَن يَشَآءُۗ وَٱللَّهُ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ٢٧

27. Kepha u Allah uthethelela amthandayo emuva kwalokho, ngokuba u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِنَّمَا ٱلۡمُشۡرِكُونَ نَجَسٞ فَلَا يَقۡرَبُواْ ٱلۡمَسۡجِدَ ٱلۡحَرَامَ بَعۡدَ عَامِهِمۡ هَٰذَاۚ وَإِنۡ خِفۡتُمۡ عَيۡلَةٗ فَسَوۡفَ يُغۡنِيكُمُ ٱللَّهُ مِن فَضۡلِهِۦٓ إِن شَآءَۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٌ حَكِيمٞ ٢٨

28. Nina enikholwayo, nebala labo abakhonza izikhonzwa [izithixo] bangcolile, ngakho-ke bangaphinde basondele eMasijidi Haramu emuva kwalonyaka. Uma nesaba ubuphuya, u Allah nguYena oyonicebisa ngomusa waKhe uma ethanda. Ngokuba u Allah Ungowaziyo Okhaliphile.

29. Phakani impi kulabo abangakholelwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina baphinde bangakunqabeli lokho okunqatshelwe ngu Allah neSithunywa saKhe futhi bengalandeli inkolo yeqiniso kulabo abanikwa iMibhalo, baze bakhokhe *iJiziya* [intela] ngezandla zabo, behlazekile.

قَٰتِلُواْ ٱلَّذِينَ لَا يُؤۡمِنُونَ بِٱللَّهِ وَلَا بِٱلۡيَوۡمِ ٱلۡأٓخِرِ وَلَا يُحَرِّمُونَ مَا حَرَّمَ ٱللَّهُ وَرَسُولُهُۥ وَلَا يَدِينُونَ دِينَ ٱلۡحَقِّ مِنَ ٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلۡكِتَٰبَ حَتَّىٰ يُعۡطُواْ ٱلۡجِزۡيَةَ عَن يَدٖ وَهُمۡ صَٰغِرُونَ ٢٩

30. Futhi amaJuda athi u-*Uzayiri* indodana ka Allah, nama*Nasarina* nawo athi *uMasihi* indodana ka Allah. Lokho inkulumo nje abayishoyo ngemilomo yabo. Balingisela okwakushiwo yilabo abangakholwa phambilini. U Allah makababhubhise; badukiswe kanjani na?

وَقَالَتِ ٱلۡيَهُودُ عُزَيۡرٌ ٱبۡنُ ٱللَّهِ وَقَالَتِ ٱلنَّصَٰرَى ٱلۡمَسِيحُ ٱبۡنُ ٱللَّهِۖ ذَٰلِكَ قَوۡلُهُم بِأَفۡوَٰهِهِمۡۖ يُضَٰهِـُٔونَ قَوۡلَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ مِن قَبۡلُۚ قَٰتَلَهُمُ ٱللَّهُۖ أَنَّىٰ يُؤۡفَكُونَ ٣٠

31. Benze Abafundisi babo nezindela zabo kanye noMasihi ka Mariyamu izikhonzwa ngaphandle kuka, nakuba babeyalelwe ukuba bakhonze u Allah kuphela, ngokuba akekho ofanelwe wukukhonza ngaphandle kwaKhe; makangcweliswe kulo abakubhanqayo.

ٱتَّخَذُوٓاْ أَحۡبَارَهُمۡ وَرُهۡبَٰنَهُمۡ أَرۡبَابٗا مِّن دُونِ ٱللَّهِ وَٱلۡمَسِيحَ ٱبۡنَ مَرۡيَمَ وَمَآ أُمِرُوٓاْ إِلَّا لِيَعۡبُدُوٓاْ إِلَٰهٗا وَٰحِدٗاۖ لَّآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَۚ سُبۡحَٰنَهُۥ عَمَّا يُشۡرِكُونَ ٣١

32. Bafuna ukushabalalisa ukukhanya kuka Allah ngemilomo yabo, kepha u Allah uyaphikelela ekupheleliseni ukukhanya kwaKhe ngisho bengathandi labo abangakholwa.

يُرِيدُونَ أَن يُطۡفِـُٔواْ نُورَ ٱللَّهِ بِأَفۡوَٰهِهِمۡ وَيَأۡبَى ٱللَّهُ إِلَّآ أَن يُتِمَّ نُورَهُۥ وَلَوۡ كَرِهَ ٱلۡكَٰفِرُونَ ٣٢

هُوَ ٱلَّذِىٓ أَرۡسَلَ رَسُولَهُۥ بِٱلۡهُدَىٰ وَدِينِ ٱلۡحَقِّ لِيُظۡهِرَهُۥ عَلَى ٱلدِّينِ كُلِّهِۦ وَلَوۡ كَرِهَ ٱلۡمُشۡرِكُونَ ﴿٣٣﴾

33. NguYena belu, owathumela iSithunywa saKhe nokuhola kanye nenkambiso [inkolo] yeqiniso ukuze iqhakambe ngaphezu kwazo zonke izinkolo ngisho abakhonzi bezithixo bengathandi.

۞ يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِنَّ كَثِيرٗا مِّنَ ٱلۡأَحۡبَارِ وَٱلرُّهۡبَانِ لَيَأۡكُلُونَ أَمۡوَٰلَ ٱلنَّاسِ بِٱلۡبَٰطِلِ وَيَصُدُّونَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِۗ وَٱلَّذِينَ يَكۡنِزُونَ ٱلذَّهَبَ وَٱلۡفِضَّةَ وَلَا يُنفِقُونَهَا فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ فَبَشِّرۡهُم بِعَذَابٍ أَلِيمٖ ﴿٣٤﴾

34. Nina enikholwayo, iningi labafundisi nezindela zidla umcebo wabantu ngokungemthetho, futhi bayizihibe endleleni ka Allah. Futhi labo abawola igolide nesiliva nje, bengalichithi endleleni ka Allah, bahalalisele ngesijeziso esibuhlungu;

يَوۡمَ يُحۡمَىٰ عَلَيۡهَا فِي نَارِ جَهَنَّمَ فَتُكۡوَىٰ بِهَا جِبَاهُهُمۡ وَجُنُوبُهُمۡ وَظُهُورُهُمۡۖ هَٰذَا مَا كَنَزۡتُمۡ لِأَنفُسِكُمۡ فَذُوقُواْ مَا كُنتُمۡ تَكۡنِزُونَ ﴿٣٥﴾

35. Ngosuku lapho ziyoshisiswa [igolide nesiliva] emlilweni waseJahanamu, bese iziphongo zabo nezinhlangothi zabo kanye nemihlane yabo kushiswe ngakho [igolide nesiliva elishisayo]. [kuyothiwa kubo]; "Yikona-ke lokhu ebenikade niziwolela kona, ngakhoke yizwani lokho ebenikuwola".

إِنَّ عِدَّةَ ٱلشُّهُورِ عِندَ ٱللَّهِ ٱثۡنَا عَشَرَ شَهۡرٗا فِي كِتَٰبِ ٱللَّهِ يَوۡمَ خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَ مِنۡهَآ أَرۡبَعَةٌ حُرُمٞۚ ذَٰلِكَ ٱلدِّينُ ٱلۡقَيِّمُۚ فَلَا تَظۡلِمُواْ فِيهِنَّ أَنفُسَكُمۡۚ وَقَٰتِلُواْ ٱلۡمُشۡرِكِينَ كَآفَّةٗ كَمَا يُقَٰتِلُونَكُمۡ كَآفَّةٗۚ وَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّ ٱللَّهَ مَعَ ٱلۡمُتَّقِينَ ﴿٣٦﴾

36. Nebala, inani lezinyanga [zonyaka] ku Allah ziyishumi nambili eNcwadini ka Allah kusukela ngosuku adala amazulu nomhlaba, kuzo [lezinyanga] kunezine ezihloniphekile [*iMuharamu, uRajabhu, Dul-Ka'ada, Dul-Hija*]. Iyona leyo inkolo eqondile, ngakhoke ningalokothi niphambuke kuzo

[lezinyanga ezine]. Yilwani nabo bonke abakhonzi bezithixo njengoba nabo belwa nani nonke, futhi nihlale nazi ukuthi u Allah unalabo abamthobelayo.

37. Ngempela ukuhlehlisa izinyanga [zonyaka] kuyisengezo phezu kokungakholwa, labo abangakholwa abaduke ngaso. Abayihloniphi kulonyaka, kuthi komunye unyaka bayihloniphe ukuze bahambisane nenani [lezinyanga] u Allah abeke ukuba lihlonishwe, ngaleyo ndlela bavumela lokho u Allah akunqabele. Bahlotshiselwe izenzo zabo ezimbi. Futhi u Allah akabaholi abantu abangakholwa .

إِنَّمَا ٱلنَّسِيٓءُ زِيَادَةٌ فِي ٱلْكُفْرِ ۖ يُضَلُّ بِهِ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ يُحِلُّونَهُۥ عَامًا وَيُحَرِّمُونَهُۥ عَامًا لِّيُوَاطِـُٔواْ عِدَّةَ مَا حَرَّمَ ٱللَّهُ فَيُحِلُّواْ مَا حَرَّمَ ٱللَّهُ ۚ زُيِّنَ لَهُمْ سُوٓءُ أَعْمَـٰلِهِمْ ۗ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلْكَـٰفِرِينَ ﴿٣٧﴾

38. Nina enikholwayo, yini ngani uma kuthiwa kini: "phumani niye empini", nihudula izinyawo. Ingabe seninqome impilo yasemhlabeni kuneyakweLizayo na? Bheka ngoba izinto zempilo yasemhlabeni ziwubala kwelizayo.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مَا لَكُمْ إِذَا قِيلَ لَكُمُ ٱنفِرُواْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ٱثَّاقَلْتُمْ إِلَى ٱلْأَرْضِ ۚ أَرَضِيتُم بِٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا مِنَ ٱلْـَٔاخِرَةِ ۚ فَمَا مَتَـٰعُ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا فِى ٱلْـَٔاخِرَةِ إِلَّا قَلِيلٌ ﴿٣٨﴾

39. Uma ningaphumi ukuya empini, u [Allah] uyonijezisa kabuhlungu aphinde aqoke abanye abantu esikhundleni senu, futhi anisoze namlimaza nagalutho, kwazise u Allah unamandla okwenza izinto zonke.

إِلَّا تَنفِرُواْ يُعَذِّبْكُمْ عَذَابًا أَلِيمًا وَيَسْتَبْدِلْ قَوْمًا غَيْرَكُمْ وَلَا تَضُرُّوهُ شَيْـًٔا ۗ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٣٩﴾

إِلَّا تَنصُرُوهُ فَقَدْ نَصَرَهُ ٱللَّهُ إِذْ أَخْرَجَهُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ثَانِىَ ٱثْنَيْنِ إِذْ هُمَا فِى ٱلْغَارِ إِذْ يَقُولُ لِصَٰحِبِهِۦ لَا تَحْزَنْ إِنَّ ٱللَّهَ مَعَنَا ۖ فَأَنزَلَ ٱللَّهُ سَكِينَتَهُۥ عَلَيْهِ وَأَيَّدَهُۥ بِجُنُودٍ لَّمْ تَرَوْهَا وَجَعَلَ كَلِمَةَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ٱلسُّفْلَىٰ ۗ وَكَلِمَةُ ٱللَّهِ هِىَ ٱلْعُلْيَا ۗ وَٱللَّهُ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٤٠﴾

40. Uma ningamsizi [uMuhamadi iSithunywa], u Allah wamsiza mhla exoshwa yilabo abangakholwa bebabili, besemgedeni, wathi omunye wabo: "ungakhathazeki, u Allah unathi". U Allah wabe esehlisela kuye [uMuhamadi] uzinzo lwaKhe wamsekela ngebutho eningalibonanga, wadicilela phansi izwi lalabo abangakholwa, kwazise Izwi lika Allah yilona elisesicongweni. U Allah Ungusomandla Okhaliphile.

ٱنفِرُوا۟ خِفَافًا وَثِقَالًا وَجَٰهِدُوا۟ بِأَمْوَٰلِكُمْ وَأَنفُسِكُمْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ۚ ذَٰلِكُمْ خَيْرٌ لَّكُمْ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٤١﴾

41. Hambani empini kulula kunzima futhi nilwe ngomcebo wenu nangani uqobo endleleni ka Allah, ngokuba lokho yikona okungcono kini, ukuba niyazi.

لَوْ كَانَ عَرَضًا قَرِيبًا وَسَفَرًا قَاصِدًا لَّٱتَّبَعُوكَ وَلَٰكِنۢ بَعُدَتْ عَلَيْهِمُ ٱلشُّقَّةُ ۚ وَسَيَحْلِفُونَ بِٱللَّهِ لَوِ ٱسْتَطَعْنَا لَخَرَجْنَا مَعَكُمْ يُهْلِكُونَ أَنفُسَهُمْ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ إِنَّهُمْ لَكَٰذِبُونَ ﴿٤٢﴾

42. Ukube izimpango zempi bezitholakala kalula eduze futhi nohambo lulula, bebezokulandela [abazenzisi] kepha ibanga libe lide kubo. Bazofunga ngo Allah [bathi]: "Ukube besikhona, besizophuma nani". Bazibhubhisa bona uqobo, futhi u Allah uyazi ukuthi baqamba amanga.

عَفَا ٱللَّهُ عَنكَ لِمَ أَذِنتَ لَهُمْ حَتَّىٰ يَتَبَيَّنَ لَكَ ٱلَّذِينَ صَدَقُوا۟ وَتَعْلَمَ ٱلْكَٰذِبِينَ ﴿٤٣﴾

43. U Allah ukuxolele, kungani ubavumela [ukusala] na? Mekumele uhlunge labo abaneqiniso uzokwazi labo abanamanga.

لَا يَسْتَـْٔذِنُكَ ٱلَّذِينَ يُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْـَٔاخِرِ أَن يُجَـٰهِدُوا۟ بِأَمْوَٰلِهِمْ وَأَنفُسِهِمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِٱلْمُتَّقِينَ ﴿٤٤﴾

44. Labo abakholelwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina abasoze bakucela imvumo yokuba balwe ngomcebo wabo nabo uqobo. U Allah uyabazi abamthobelayo.

إِنَّمَا يَسْتَـْٔذِنُكَ ٱلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْـَٔاخِرِ وَٱرْتَابَتْ قُلُوبُهُمْ فَهُمْ فِى رَيْبِهِمْ يَتَرَدَّدُونَ ﴿٤٥﴾

45. Labo okuyibona kuphela abakucela imvumo, yilabo abangakholelwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina futhi abanongabazane ezinhlizweni zabo, yilokhu begidagida ekungabazeni kwabo

* وَلَوْ أَرَادُوا۟ ٱلْخُرُوجَ لَأَعَدُّوا۟ لَهُۥ عُدَّةً وَلَـٰكِن كَرِهَ ٱللَّهُ ٱنۢبِعَاثَهُمْ فَثَبَّطَهُمْ وَقِيلَ ٱقْعُدُوا۟ مَعَ ٱلْقَـٰعِدِينَ ﴿٤٦﴾

46. Uma babezimisele ukuphuma nani, babezozilungiselela, kepha u Allah akathandanga ukubathumela, ngakhoke wabavimbela, kwathiwa [kubazenzisi]: "salani nabasalayo".

لَوْ خَرَجُوا۟ فِيكُم مَّا زَادُوكُمْ إِلَّا خَبَالًا وَلَأَوْضَعُوا۟ خِلَـٰلَكُمْ يَبْغُونَكُمُ ٱلْفِتْنَةَ وَفِيكُمْ سَمَّـٰعُونَ لَهُمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِٱلظَّـٰلِمِينَ ﴿٤٧﴾

47. Ukube baphuma nani, bebezondisela uthuthuva futhi bangene phakathi kwenu bezama ukwakha ukuthuthuva, futhi kunalabo abalalelayo phakathi kwenu. U Allah uyabazi abaphambukile.

لَقَدِ ٱبْتَغَوُا۟ ٱلْفِتْنَةَ مِن قَبْلُ وَقَلَّبُوا۟ لَكَ ٱلْأُمُورَ حَتَّىٰ جَآءَ ٱلْحَقُّ وَظَهَرَ أَمْرُ ٱللَّهِ وَهُمْ كَـٰرِهُونَ ﴿٤٨﴾

48. Bake bazama ukwakha uthuthuva phambilini, bakuhlanekezelela izinto, kwaze kafika iqiniso nesinqumo sika Allah sanqoba nakuba babengathokozile.

وَمِنْهُم مَّن يَقُولُ ٱئْذَن لِّى وَلَا تَفْتِنِّىٓ ۚ أَلَا فِى ٱلْفِتْنَةِ سَقَطُوا۟ ۗ وَإِنَّ جَهَنَّمَ لَمُحِيطَةٌۢ بِٱلْكَـٰفِرِينَ ﴿٤٩﴾

49. Futhi kunalowo kubo othi: "ngivumele [ngisale] ungangifaki esilingweni". Empeleni bawele kuso isilingo. Futhi iJahanamu iyobahaqa labo abangakholwa.

إِن تُصِبْكَ حَسَنَةٌ تَسُؤْهُمْ ۖ وَإِن تُصِبْكَ مُصِيبَةٌ يَقُولُوا۟ قَدْ أَخَذْنَآ أَمْرَنَا مِن قَبْلُ وَيَتَوَلَّوا۟ وَّهُمْ فَرِحُونَ ﴿٥٠﴾

50. Uma wehlelwa okuhle, kubaphatha kabi. Kepha uma wehlelwa umshophi, bathi: "Nebala sasithatha isinqumo sethu [sokusala] phambilini", bafulathele bajabulile.

قُل لَّن يُصِيبَنَآ إِلَّا مَا كَتَبَ ٱللَّهُ لَنَا هُوَ مَوْلَىٰنَا ۚ وَعَلَى ٱللَّهِ فَلْيَتَوَكَّلِ ٱلْمُؤْمِنُونَ ﴿٥١﴾

51. Yithi: "Akukho okuyosehlela ngaphandle kwalokho u Allah asibekele kona, kwazise nguYena uMhlengi wethu. Ngakhoke labo abakholwayo mabathembele ku Allah.

قُلْ هَلْ تَرَبَّصُونَ بِنَآ إِلَّآ إِحْدَى ٱلْحُسْنَيَيْنِ ۖ وَنَحْنُ نَتَرَبَّصُ بِكُمْ أَن يُصِيبَكُمُ ٱللَّهُ بِعَذَابٍ مِّنْ عِندِهِۦٓ أَوْ بِأَيْدِينَا ۖ فَتَرَبَّصُوٓا۟ إِنَّا مَعَكُم مُّتَرَبِّصُونَ ﴿٥٢﴾

52. Yithi: "Ingabe nilindele kithi okukodwa okuhle kokubili [ukunqoba noma ukuwa empini] na? Belu nathi silindele ngani ukuba u Allah anishaye ngesijeziso esivela kuYe noma ngezandla zethu. Ngakhoke, qhubekani nokulinda, nathi silindile kanye nani.

قُلْ أَنفِقُوا۟ طَوْعًا أَوْ كَرْهًا لَّن يُتَقَبَّلَ مِنكُمْ ۖ إِنَّكُمْ كُنتُمْ قَوْمًا فَٰسِقِينَ ﴿٥٣﴾

53. Yithi: "Nikelani ngokuthanda noma ngenkani, akusoze kwamukelwa kini, ngoba nina ningabantu abayizephula-mthetho".

وَمَا مَنَعَهُمْ أَن تُقْبَلَ مِنْهُمْ نَفَقَٰتُهُمْ إِلَّآ أَنَّهُمْ كَفَرُوا۟ بِٱللَّهِ وَبِرَسُولِهِۦ وَلَا يَأْتُونَ ٱلصَّلَوٰةَ إِلَّا وَهُمْ كُسَالَىٰ وَلَا يُنفِقُونَ إِلَّا وَهُمْ كَٰرِهُونَ ﴿٥٤﴾

54. Akukho okuvimbele ukuba iminikelo yabo yamukelwe ngaphandle kokuthi abakholelwanga ku Allah neSithunywa saKhe futhi baya kuSwala ngobuvila [behudula izinyawo] benjalo nje banikela bengafuni.

فَلَا تُعۡجِبۡكَ أَمۡوَٰلُهُمۡ وَلَآ أَوۡلَٰدُهُمۡۚ إِنَّمَا يُرِيدُ ٱللَّهُ لِيُعَذِّبَهُم بِهَا فِي ٱلۡحَيَوٰةِ ٱلدُّنۡيَا وَتَزۡهَقَ أَنفُسُهُمۡ وَهُمۡ كَٰفِرُونَ ﴿٥٥﴾

55. Ngakhoke ungakhangwa imicebo yabo nezingane zabo. Ngokuba u Allah ufuna ukubajezisa ngayo [imicebo nezingane] empilweni yasemhlabeni nokuthi bafe bengakholwa.

وَيَحۡلِفُونَ بِٱللَّهِ إِنَّهُمۡ لَمِنكُمۡ وَمَا هُم مِّنكُمۡ وَلَٰكِنَّهُمۡ قَوۡمٞ يَفۡرَقُونَ ﴿٥٦﴾

56. Bayafunga [abazenzisi] ngo Allah ukuthi ngempela bangakini, ekubeni bengekho ngakini. Empeleni bangabantu abangamavaka.

لَوۡ يَجِدُونَ مَلۡجَـَٔا أَوۡ مَغَٰرَٰتٍ أَوۡ مُدَّخَلٗا لَّوَلَّوۡاْ إِلَيۡهِ وَهُمۡ يَجۡمَحُونَ ﴿٥٧﴾

57. Uma bebengathola inqaba yokukhusela noma imigede [ezintabeni] noma imihume [emathunjini omhalaba], bebezobalekela kuwo begijima okwehhashi elingathanjisiwe.

وَمِنۡهُم مَّن يَلۡمِزُكَ فِي ٱلصَّدَقَٰتِ فَإِنۡ أُعۡطُواْ مِنۡهَا رَضُواْ وَإِن لَّمۡ يُعۡطَوۡاْ مِنۡهَآ إِذَا هُمۡ يَسۡخَطُونَ ﴿٥٨﴾

58. Kunalabo kubo abakugxekayo mayelana [nokwabiwa] kweminikelo; uma kukhona abakunikiwe kuyo, bayajabula. Kepha uma benganikwanga lutho kuyo, yibo labaya sebediniwe.

وَلَوۡ أَنَّهُمۡ رَضُواْ مَآ ءَاتَىٰهُمُ ٱللَّهُ وَرَسُولُهُۥ وَقَالُواْ حَسۡبُنَا ٱللَّهُ سَيُؤۡتِينَا ٱللَّهُ مِن فَضۡلِهِۦ وَرَسُولُهُۥٓ إِنَّآ إِلَى ٱللَّهِ رَٰغِبُونَ ﴿٥٩﴾

59. Ukube bavele bajabula ngalokho u Allah abaphe kona neSithunywa saKhe, base bathi: "u Allah usenele, kungekudala u Allah uyosinika emseni waKhe kanjalo neSithunywa [kulokho u Allah amphe kona], nebala silangazelele ku Allah.

60. Iminikelo [yeZakati] ingeyalabo abampofu nabaswele nabaqoqi bayo nabanxenxwayo nasekukhululeni izigqila [zamaMusilimu] nabacwile ezikweletini nakwezempi nesihambi; kuyimpoqo evela ku Allah, futhi u Allah Ungowaziyo Okhaliphile.

إِنَّمَا ٱلصَّدَقَٰتُ لِلْفُقَرَآءِ وَٱلْمَسَٰكِينِ وَٱلْعَٰمِلِينَ عَلَيْهَا وَٱلْمُؤَلَّفَةِ قُلُوبُهُمْ وَفِى ٱلرِّقَابِ وَٱلْغَٰرِمِينَ وَفِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَٱبْنِ ٱلسَّبِيلِ ۖ فَرِيضَةً مِّنَ ٱللَّهِ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٌ ﴿٦٠﴾

61. Kunalabo kubo [abazenzisi] abahlukumeza iSithunywa ngokuthi bathi: "ungulalela-zonke". Yithi: "Ungolalela okuhle kini, ukholelwa ku Allah futhi uyabakholwa abakholwayo futhi ungumusa kulabo abakholwayo kini". Laboke abahlukumeza iSithunywa sika Allah, bayothola isijeziso esibuhlungu.

وَمِنْهُمُ ٱلَّذِينَ يُؤْذُونَ ٱلنَّبِىَّ وَيَقُولُونَ هُوَ أُذُنٌ ۚ قُلْ أُذُنُ خَيْرٍ لَّكُمْ يُؤْمِنُ بِٱللَّهِ وَيُؤْمِنُ لِلْمُؤْمِنِينَ وَرَحْمَةٌ لِّلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ مِنكُمْ ۚ وَٱلَّذِينَ يُؤْذُونَ رَسُولَ ٱللَّهِ لَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٦١﴾

62. Bafunga ngo Allah kini ukuze banijabulise nje, ekubeni kumele bajabulise u-Allah neSithunywa saKhe, uma ngempela bengabakholwayo.

يَحْلِفُونَ بِٱللَّهِ لَكُمْ لِيُرْضُوكُمْ وَٱللَّهُ وَرَسُولُهُۥٓ أَحَقُّ أَن يُرْضُوهُ إِن كَانُوا۟ مُؤْمِنِينَ ﴿٦٢﴾

63. Bebengazi yini ukuthi, lowo ophambana no Allah neSithunywa saKhe, uyothola umlilo waseJahanamu abhadle kuwo unaphakade; lokho ukuhlazwa okukhulu.

أَلَمْ يَعْلَمُوٓا۟ أَنَّهُۥ مَن يُحَادِدِ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ فَأَنَّ لَهُۥ نَارَ جَهَنَّمَ خَٰلِدًا فِيهَا ۚ ذَٰلِكَ ٱلْخِزْىُ ٱلْعَظِيمُ ﴿٦٣﴾

64. Abazenzisi bahlalela ovalweni ukuthi [langalimbe] kuyofika iSura [isahluko seKurani] ezokwazisa ngalokho

يَحْذَرُ ٱلْمُنَٰفِقُونَ أَن تُنَزَّلَ عَلَيْهِمْ سُورَةٌ تُنَبِّئُهُم بِمَا فِى قُلُوبِهِمْ ۚ قُلِ ٱسْتَهْزِءُوٓا۟ إِنَّ ٱللَّهَ مُخْرِجٌ مَّا تَحْذَرُونَ ﴿٦٤﴾

okusezinhlizweni zabo. Yithi: "Qhubekani nokubhuqa, ngoba u Allah uyokubeka obala lokhu enikwesabayo".

65. Futhi uma ubabuza, nakannjani bayothi: "Besimane sintela sizidlalela". Yithi: "Nintela ngo Allah nezambulo zaKhe kanye neSithunywa saKhe na?"

وَلَئِن سَأَلْتَهُمْ لَيَقُولُنَّ إِنَّمَا كُنَّا نَخُوضُ وَنَلْعَبُ ۚ قُلْ أَبِٱللَّهِ وَءَايَٰتِهِۦ وَرَسُولِهِۦ كُنتُمْ تَسْتَهْزِءُونَ ﴿٦٥﴾

66. Ningalokhu nenza izaba, seniphenduke abangakholwa emuva kokholo lwenu. Uma sithethelela uquqaba oluthile kini, sijezisa olunye uquqaba ngoba beyiziphula-mthetho.

لَا تَعْتَذِرُوا۟ قَدْ كَفَرْتُم بَعْدَ إِيمَٰنِكُمْ ۚ إِن نَّعْفُ عَن طَآئِفَةٍ مِّنكُمْ نُعَذِّبْ طَآئِفَةًۢ بِأَنَّهُمْ كَانُوا۟ مُجْرِمِينَ ﴿٦٦﴾

67. Abazenzisi besilisa nabesimame bangabangani bebodwa. Bayalelana ngokubi banqandane kokuhle futhi bangongoqo; bakhohlwe u Allah, naYe babenza njalo. Abazenzisi, bangabaphambuki impela.

ٱلْمُنَٰفِقُونَ وَٱلْمُنَٰفِقَٰتُ بَعْضُهُم مِّنۢ بَعْضٍ ۘ يَأْمُرُونَ بِٱلْمُنكَرِ وَيَنْهَوْنَ عَنِ ٱلْمَعْرُوفِ وَيَقْبِضُونَ أَيْدِيَهُمْ ۚ نَسُوا۟ ٱللَّهَ فَنَسِيَهُمْ ۚ إِنَّ ٱلْمُنَٰفِقِينَ هُمُ ٱلْفَٰسِقُونَ ﴿٦٧﴾

68. U Allah uthembise abazenzisi besilisa nabesimame nalabo abangakholwa, umlilo waseJahanamu abayobhadla kuwo unaphakade, uyobanela. U Allah uyobaqalekisa futhi bayothola isijeziso esinganqamuki.

وَعَدَ ٱللَّهُ ٱلْمُنَٰفِقِينَ وَٱلْمُنَٰفِقَٰتِ وَٱلْكُفَّارَ نَارَ جَهَنَّمَ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۚ هِىَ حَسْبُهُمْ ۚ وَلَعَنَهُمُ ٱللَّهُ ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ مُّقِيمٌ ﴿٦٨﴾

69. Njengalabo abanandulelayo, babenamandla ukudlula nina futhi benomcebo nezingane eziningi. Bancebeleka ngesabelo sabo [emhlabeni],

كَٱلَّذِينَ مِن قَبْلِكُمْ كَانُوٓا۟ أَشَدَّ مِنكُمْ قُوَّةً وَأَكْثَرَ أَمْوَٰلًا وَأَوْلَٰدًا فَٱسْتَمْتَعُوا۟ بِخَلَٰقِهِمْ فَٱسْتَمْتَعْتُم بِخَلَٰقِكُمْ كَمَا ٱسْتَمْتَعَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِكُم بِخَلَٰقِهِمْ

nani nancebeleka ngesabelo senu njengalokhu bancebeleka abanandulelayo ngesabelo sabo, futhi nalibala ukuntela njengalabo ababentela. Labo, izenzo zabo ziyakushabalala, emhlabeni nakwelizayo, futhi labo, yibona kanye abalahlekelwe.

وَخُضْتُمْ كَٱلَّذِى خَاضُوٓاْ ۚ أُوْلَٰٓئِكَ حَبِطَتْ أَعْمَٰلُهُمْ فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةِ ۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْخَٰسِرُونَ ﴿٦٩﴾

70. Ingabe abazitholanga yini izindaba zalabo ababandulelayo, isizwe sikaNuhu no Adi noTamudu no Ibhirahimu nabantu baseMadiyani nemizi egubudelwe [isizwe sika Luti]. IZithunywa zabo zafika kubo nezibonakaliso; u Allah akabahlukumezanga kepha yibona uqobo abazihlukumeza.

أَلَمْ يَأْتِهِمْ نَبَؤُا۟ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ قَوْمِ نُوحٍ وَعَادٍ وَثَمُودَ وَقَوْمِ إِبْرَٰهِيمَ وَأَصْحَٰبِ مَدْيَنَ وَٱلْمُؤْتَفِكَٰتِ ۚ أَتَتْهُمْ رُسُلُهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ ۖ فَمَا كَانَ ٱللَّهُ لِيَظْلِمَهُمْ وَلَٰكِن كَانُوٓاْ أَنفُسَهُمْ يَظْلِمُونَ ﴿٧٠﴾

71. Abakholwayo besilisa nabesimame, abanye bangabangani kubanye. Bayalela okuhle, banqande okubi, baqikelele ukwenza iSwala bakhiphe neZakati baphinde balalele u Allah neSithunywa saKhe. Labo, u Allah uyokuba nomusa kubo. Nebala u Allah Ungusomandla Okhaliphile.

وَٱلْمُؤْمِنُونَ وَٱلْمُؤْمِنَٰتُ بَعْضُهُمْ أَوْلِيَآءُ بَعْضٍ ۚ يَأْمُرُونَ بِٱلْمَعْرُوفِ وَيَنْهَوْنَ عَنِ ٱلْمُنكَرِ وَيُقِيمُونَ ٱلصَّلَوٰةَ وَيُؤْتُونَ ٱلزَّكَوٰةَ وَيُطِيعُونَ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥٓ ۚ أُوْلَٰٓئِكَ سَيَرْحَمُهُمُ ٱللَّهُ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٧١﴾

72. U Allah uthembise abakholwayo besilisa nabesimame izivande okugeleza imifula ezanzi kwazo, bayohlala kuzo unophakade kanye nemizi emihle ezivandeni zase Adani. Kepha ukuthokoza kuka Allah yikona okukhulu [kunazo zonke izinto], futhi lokho iyona mpumelelo enkulu.

وَعَدَ ٱللَّهُ ٱلْمُؤْمِنِينَ وَٱلْمُؤْمِنَٰتِ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا وَمَسَٰكِنَ طَيِّبَةً فِى جَنَّٰتِ عَدْنٍ ۚ وَرِضْوَٰنٌ مِّنَ ٱللَّهِ أَكْبَرُ ۚ ذَٰلِكَ هُوَ ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿٧٢﴾

73. Sithunywa, yilwa nabangakhola kanye nabazenzisi ungabazweli. Futhi bayophelela eJahanamu, okuyisiphetho esibi.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِيُّ جَٰهِدِ ٱلْكُفَّارَ وَٱلْمُنَٰفِقِينَ وَٱغْلُظْ عَلَيْهِمْ ۚ وَمَأْوَىٰهُمْ جَهَنَّمُ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿٧٣﴾

74. Bafunga ngo Allah ukuthi abashongo lutho, ekubeni besho amazwi okungakholwa, baba abangakholwa emuva kokuba bese bengene ku Isilamu, futhi base benqume lokho abazange bakhone ukukufeza. Babengagxeki lutho ngaphandle nje kokuthi u Allah ubacebisile ngomusa waKhe kanye neSithunywa saKhe. Uma bezisola becela intethelelo, yikona okungcono kubo, kepha uma beshaya indiva, u Allah uyobajezisa kabuhlungu emhlabeni nakwelizayo, futhi akukho muntu emhlabeni oyobahlenga noma abasize.

يَحْلِفُونَ بِٱللَّهِ مَا قَالُوا۟ وَلَقَدْ قَالُوا۟ كَلِمَةَ ٱلْكُفْرِ وَكَفَرُوا۟ بَعْدَ إِسْلَٰمِهِمْ وَهَمُّوا۟ بِمَا لَمْ يَنَالُوا۟ ۚ وَمَا نَقَمُوٓا۟ إِلَّآ أَنْ أَغْنَىٰهُمُ ٱللَّهُ وَرَسُولُهُۥ مِن فَضْلِهِۦ ۚ فَإِن يَتُوبُوا۟ يَكُ خَيْرًا لَّهُمْ ۖ وَإِن يَتَوَلَّوْا۟ يُعَذِّبْهُمُ ٱللَّهُ عَذَابًا أَلِيمًا فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةِ ۚ وَمَا لَهُمْ فِى ٱلْأَرْضِ مِن وَلِىٍّ وَلَا نَصِيرٍ ﴿٧٤﴾

75. Futhi kunalabo kubo [abazenzisi], abathembisa u Allah, [bethi]: "Uma nje engasipha emseni waKhe, sizonikela futhi siyoba ngabaqotho".

* وَمِنْهُم مَّنْ عَٰهَدَ ٱللَّهَ لَئِنْ ءَاتَىٰنَا مِن فَضْلِهِۦ لَنَصَّدَّقَنَّ وَلَنَكُونَنَّ مِنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٧٥﴾

76. Kepha kuthe lapho esebaphile emseni waKhe, wancitshana ngakho futhi bashaya indiva bengagqizi qakala.

فَلَمَّآ ءَاتَىٰهُم مِّن فَضْلِهِۦ بَخِلُوا۟ بِهِۦ وَتَوَلَّوا۟ وَّهُم مُّعْرِضُونَ ﴿٧٦﴾

77. Wabe [u Allah] esezinzisa ukuzenzisa ezinhlizweni zabo kuze kuyofika uSuku lokwaHlulela ngenxa yokuphula kwabo isithembiso sabo abasenza no Allah bamthembisa sona, nanokuthi futhi babeqamba amanga.

فَأَعْقَبَهُمْ نِفَاقًا فِي قُلُوبِهِمْ إِلَىٰ يَوْمِ يَلْقَوْنَهُۥ بِمَآ أَخْلَفُوا۟ ٱللَّهَ مَا وَعَدُوهُ وَبِمَا كَانُوا۟ يَكْذِبُونَ ﴿٧٧﴾

78. Ingabe bebengazi yini ukuthi ngempela u Allah uyazazi izimfihlo zabo nezinkulumo zabo esithe, nanokuthi u Allah ukwazi konke okungabonwa.

أَلَمْ يَعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ سِرَّهُمْ وَنَجْوَىٰهُمْ وَأَنَّ ٱللَّهَ عَلَّٰمُ ٱلْغُيُوبِ ﴿٧٨﴾

79. Labo abagxeka labo abakholwayo abanikelayo mayelana neminikelo kanye nalabo abangenalutho [lokunikela] ngaphandle kwezithukuthuku zabo, bese behlekisa ngabo. U Allah uyohlekisa ngabo futhi bayothola isijeziso esibuhlungu.

ٱلَّذِينَ يَلْمِزُونَ ٱلْمُطَّوِّعِينَ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ فِي ٱلصَّدَقَٰتِ وَٱلَّذِينَ لَا يَجِدُونَ إِلَّا جُهْدَهُمْ فَيَسْخَرُونَ مِنْهُمْ سَخِرَ ٱللَّهُ مِنْهُمْ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٧٩﴾

80. Bacelele intethelelo noma ungabaceleli, noma ungabacelela intethelelo amahlandla angamashumi ayisikhombisa, u Allah akasoze abaxolela. Lokho kungenxa yokuthi abakholelwanga ku Allah neSithunywa saKhe. Futhi u Allah akabaholi abantu abayiziphula-mthetho.

ٱسْتَغْفِرْ لَهُمْ أَوْ لَا تَسْتَغْفِرْ لَهُمْ إِن تَسْتَغْفِرْ لَهُمْ سَبْعِينَ مَرَّةً فَلَن يَغْفِرَ ٱللَّهُ لَهُمْ ۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ كَفَرُوا۟ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ ۗ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلْفَٰسِقِينَ ﴿٨٠﴾

81. Labo abashiywe ngemuva bajabulile ngokusalela kwabo emuva kweSithunywa sika Allah

فَرِحَ ٱلْمُخَلَّفُونَ بِمَقْعَدِهِمْ خِلَٰفَ رَسُولِ ٱللَّهِ وَكَرِهُوٓا۟ أَن يُجَٰهِدُوا۟ بِأَمْوَٰلِهِمْ

futhi bebengafuni ukuyolwa endleni ka Allah ngemicebo yabo nabo uqobo. Bathi: "ningayi ekushiseni". Yithi: "Umlilo waseJahanamu ushisa kakhulu", ukube nje bebenokuqonda.

وَأَنفُسِهِمْ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِ وَقَالُوا۟ لَا تَنفِرُوا۟ فِى ٱلْحَرِّ ۗ قُلْ نَارُ جَهَنَّمَ أَشَدُّ حَرًّا ۚ لَّوْ كَانُوا۟ يَفْقَهُونَ ﴿٨١﴾

82. Ngakhoke mabahleke kancane bakhale kakhulu, lona umvuzo walokho ababekwenza.

فَلْيَضْحَكُوا۟ قَلِيلًا وَلْيَبْكُوا۟ كَثِيرًا جَزَآءًۢ بِمَا كَانُوا۟ يَكْسِبُونَ ﴿٨٢﴾

83. Uma u Allah ekubuyisela eqenjini elithize kubo [abazenzisi], bese bekucela imvumo yokuphuma [nawe], ubothi: "Anisoze neze naphuma nami futhi anisoze nalwa nesitha kanye nami. Ngoba nina nijabulile ngokusala kwasekuqaleni, ngakhoke salani nabasalayo".

فَإِن رَّجَعَكَ ٱللَّهُ إِلَىٰ طَآئِفَةٍ مِّنْهُمْ فَٱسْتَـْٔذَنُوكَ لِلْخُرُوجِ فَقُل لَّن تَخْرُجُوا۟ مَعِىَ أَبَدًا وَلَن تُقَـٰتِلُوا۟ مَعِىَ عَدُوًّا ۖ إِنَّكُمْ رَضِيتُم بِٱلْقُعُودِ أَوَّلَ مَرَّةٍ فَٱقْعُدُوا۟ مَعَ ٱلْخَـٰلِفِينَ ﴿٨٣﴾

84. Ungalinge uthandazele muntu oshonile kubo futhi ungami nasengcwabeni lakhe, ngokuba bona abakholelwanga ku Allah neSithunywa saKhe futhi bafe beyiziphula-mthetho.

وَلَا تُصَلِّ عَلَىٰٓ أَحَدٍ مِّنْهُم مَّاتَ أَبَدًا وَلَا تَقُمْ عَلَىٰ قَبْرِهِۦٓ ۖ إِنَّهُمْ كَفَرُوا۟ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ وَمَاتُوا۟ وَهُمْ فَـٰسِقُونَ ﴿٨٤﴾

85. Ngakhoke ungakhangwa imicebo yabo nezingane zabo. Ngokuba u Allah ufuna ukubajezisa ngayo [imicebo nezingane] empilweni yasemhlabeni nokuthi bafe bengakholwa.

وَلَا تُعْجِبْكَ أَمْوَٰلُهُمْ وَأَوْلَـٰدُهُمْ ۚ إِنَّمَا يُرِيدُ ٱللَّهُ أَن يُعَذِّبَهُم بِهَا فِى ٱلدُّنْيَا وَتَزْهَقَ أَنفُسُهُمْ وَهُمْ كَـٰفِرُونَ ﴿٨٥﴾

وَإِذَآ أُنزِلَتۡ سُورَةٌ أَنۡ ءَامِنُواْ بِٱللَّهِ وَجَٰهِدُواْ مَعَ رَسُولِهِ ٱسۡتَـٔۡذَنَكَ أُوْلُواْ ٱلطَّوۡلِ مِنۡهُمۡ وَقَالُواْ ذَرۡنَا نَكُن مَّعَ ٱلۡقَٰعِدِينَ ﴿٨٦﴾

86. Kuthi lapho kwembulwa iSura [isahluko seKurani], ethi: "Kholwelani ku Allah futhi niye empini kanye neSithunywa saKhe". Labo abame kahle kubo [abazenzisi] yibona abakucela imvumo [yokusala], bethi: "Siyeke sibe kanye nabasalayo".

رَضُواْ بِأَن يَكُونُواْ مَعَ ٱلۡخَوَالِفِ وَطُبِعَ عَلَىٰ قُلُوبِهِمۡ فَهُمۡ لَا يَفۡقَهُونَ ﴿٨٧﴾

87. Bajabulele ukuba nabasalayo, izinhliziyo zabo zivaliwe, ngakhoke abanakuqonda.

لَٰكِنِ ٱلرَّسُولُ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مَعَهُۥ جَٰهَدُواْ بِأَمۡوَٰلِهِمۡ وَأَنفُسِهِمۡۚ وَأُوْلَٰٓئِكَ لَهُمُ ٱلۡخَيۡرَٰتُۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡمُفۡلِحُونَ ﴿٨٨﴾

88. Kepha iSithunywa nalabo abakholwayo kanye naso, balilwe ngemicebo yabo nangabo uqobo. Yibo labo abayothola okuhle futhi yibo labo abayophumelela.

أَعَدَّ ٱللَّهُ لَهُمۡ جَنَّٰتٖ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَاۚ ذَٰلِكَ ٱلۡفَوۡزُ ٱلۡعَظِيمُ ﴿٨٩﴾

89. U Allah ubalungiselele izivande okugeleza imifula ezansi kwazo bayohlala kuzo unaphakade. Leyo, impumelelo enkulu.

وَجَآءَ ٱلۡمُعَذِّرُونَ مِنَ ٱلۡأَعۡرَابِ لِيُؤۡذَنَ لَهُمۡ وَقَعَدَ ٱلَّذِينَ كَذَبُواْ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥۚ سَيُصِيبُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ مِنۡهُمۡ عَذَابٌ أَلِيمٞ ﴿٩٠﴾

90. Bafika labo abazolandula kwabasephandleni ukuze bathole imvumo [yokusala], kepha bahlala labo ababengakholelwa ku Allah neSithunywa saKhe. Labo abangakholwa kubo, bayotholwa isijeziso esibuhlungu.

لَّيۡسَ عَلَى ٱلضُّعَفَآءِ وَلَا عَلَى ٱلۡمَرۡضَىٰ وَلَا عَلَى ٱلَّذِينَ لَا يَجِدُونَ مَا يُنفِقُونَ حَرَجٌ إِذَا نَصَحُواْ لِلَّهِ وَرَسُولِهِۦۚ مَا عَلَى ٱلۡمُحۡسِنِينَ مِن سَبِيلٖۚ وَٱللَّهُ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ﴿٩١﴾

91. Abanacala [uma besala] labo ababuthaka nabagulayo nalabo abangenakho abangakusebenzisa [empini], uma nje beneqiniso ku Allah neSithunywa saKhe. Labo abenza okuhle, akukho ndlela yokubagxeka. Futhi u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

وَلَا عَلَى ٱلَّذِينَ إِذَا مَآ أَتَوْكَ لِتَحْمِلَهُمْ قُلْتَ لَآ أَجِدُ مَآ أَحْمِلُكُمْ عَلَيْهِ تَوَلَّوا۟ وَّأَعْيُنُهُمْ تَفِيضُ مِنَ ٱلدَّمْعِ حَزَنًا أَلَّا يَجِدُوا۟ مَا يُنفِقُونَ ﴿٩٢﴾

92. Futhi [abanacala] labo abeza kuwe [Muhamadi] ukuba ubagibeze, kepha uthi: "Anginakho enganigibeza kukho", babuyela emuva amehlo abo egeleza izinyembezi, bedumele ukuthi abanalutho abangalusebenzisa [empini].

* إِنَّمَا ٱلسَّبِيلُ عَلَى ٱلَّذِينَ يَسْتَـْٔذِنُونَكَ وَهُمْ أَغْنِيَآءُ رَضُوا۟ بِأَن يَكُونُوا۟ مَعَ ٱلْخَوَالِفِ وَطَبَعَ ٱللَّهُ عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ فَهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٩٣﴾

93. Abagxekwayo yilabo abakucela imvumo [yokusala] ekubeni benjingile. Bathokozela ukuba nabasalayo, u Allah wabe esevala izinhliziyo zabo, yingakho nje bengenalwazi.

يَعْتَذِرُونَ إِلَيْكُمْ إِذَا رَجَعْتُمْ إِلَيْهِمْ ۚ قُل لَّا تَعْتَذِرُوا۟ لَن نُّؤْمِنَ لَكُمْ قَدْ نَبَّأَنَا ٱللَّهُ مِنْ أَخْبَارِكُمْ ۚ وَسَيَرَى ٱللَّهُ عَمَلَكُمْ وَرَسُولُهُۥ ثُمَّ تُرَدُّونَ إِلَىٰ عَٰلِمِ ٱلْغَيْبِ وَٱلشَّهَٰدَةِ فَيُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٩٤﴾

94. Benza izaba kini uma senibuyile kubo. Yithi: "Ningenzi izaba, asisoze sanikholwa ngoba u Allah usesitshelile ngani, futhi u Allah uyayibona imisebenzi yenu, kanjalo neSithunywa saKhe. Futhi niyobuyela koWazi okungabonwa nokubonwayo ukuze anazise ngalokho ebenikwenza.

سَيَحْلِفُونَ بِٱللَّهِ لَكُمْ إِذَا ٱنقَلَبْتُمْ إِلَيْهِمْ لِتُعْرِضُوا۟ عَنْهُمْ ۖ فَأَعْرِضُوا۟ عَنْهُمْ ۖ إِنَّهُمْ رِجْسٌ ۖ وَمَأْوَىٰهُمْ جَهَنَّمُ جَزَآءًۢ بِمَا كَانُوا۟ يَكْسِبُونَ ﴿٩٥﴾

95. Bayofunga ngo Allah kini lapho nibuyela kubo ukuze nibayekele; ngakhoke bayekeleni ngoba bangcolile futhi isiphetho sabo iJahanamu ngenxa yalokho abakwenzayo.

يَحْلِفُونَ لَكُمْ لِتَرْضَوْا۟ عَنْهُمْ ۖ فَإِن تَرْضَوْا۟ عَنْهُمْ فَإِنَّ ٱللَّهَ لَا يَرْضَىٰ عَنِ ٱلْقَوْمِ ٱلْفَٰسِقِينَ ﴿٩٦﴾

96. Bayafunga kini ukuze nithokoze ngabo. Uma-ke nina nithokoza ngabo, u Allah Yena akathokozi ngabantu abayizephula-mthetho.

97. Abahlala emaphandleni yibona abanokungakholwa nokuzenzisa okukhulu futhi bavame ukuba bengayazi imiyalelo u Allah ayembulele kuSithunywa saKhe. U Allah Ungowaziyo Okhaliphile.

ٱلْأَعْرَابُ أَشَدُّ كُفْرًا وَنِفَاقًا وَأَجْدَرُ أَلَّا يَعْلَمُوا۟ حُدُودَ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ عَلَىٰ رَسُولِهِۦ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٌ ﴿٩٧﴾

98. Futhi kulabo abahlala emaphandleni, kunalowo othatha lokhu anikela ngakho [endleleni ka Allah] njengokumosha futhi uhlale elindele ukuba nehlelwe umshophi. Umshophi omubi mawehlele bona . u Allah Ungozwayo Owaziyo.

وَمِنَ ٱلْأَعْرَابِ مَن يَتَّخِذُ مَا يُنفِقُ مَغْرَمًا وَيَتَرَبَّصُ بِكُمُ ٱلدَّوَآئِرَ ۚ عَلَيْهِمْ دَآئِرَةُ ٱلسَّوْءِ ۗ وَٱللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٩٨﴾

99. Kulabo abahlala emaphandleni, kunalowo okholelwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina futhi athathe lokho akuchithayo [endleleni ka Allah] njengendlela yokuzisondeza ku Allah nokukhulekelwa iSithunywa. Nebala kuyobasondeza, ngokuba u Allah uzobafaka emseni waKhe. Ngempela u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

وَمِنَ ٱلْأَعْرَابِ مَن يُؤْمِنُ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ وَيَتَّخِذُ مَا يُنفِقُ قُرُبَٰتٍ عِندَ ٱللَّهِ وَصَلَوَٰتِ ٱلرَّسُولِ ۚ أَلَآ إِنَّهَا قُرْبَةٌ لَّهُمْ ۚ سَيُدْخِلُهُمُ ٱللَّهُ فِى رَحْمَتِهِۦٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٩٩﴾

100. Labo ababe ngabokuqala [ukwamukela i-Isilamu] kuMuhajirina nama Aniswari kanye nalabo ababalandela ezinyathelweni zabo ngokuhle, u Allah uyathokoza ngabo futhi nabo bayothokoza

وَٱلسَّٰبِقُونَ ٱلْأَوَّلُونَ مِنَ ٱلْمُهَٰجِرِينَ وَٱلْأَنصَارِ وَٱلَّذِينَ ٱتَّبَعُوهُم بِإِحْسَٰنٍ رَّضِىَ ٱللَّهُ عَنْهُمْ وَرَضُوا۟ عَنْهُ وَأَعَدَّ لَهُمْ جَنَّٰتٍ تَجْرِى تَحْتَهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدًا ۚ ذَٰلِكَ ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿١٠٠﴾

ngaYe. U Allah ubalungiselele izivande okugeleza imifula ngezansi kwazo, bayohlala kuzo unaphakade. Leyo, iyona impumelelo enkulu.

وَمِمَّنْ حَوْلَكُم مِّنَ ٱلْأَعْرَابِ مُنَٰفِقُونَ ۖ وَمِنْ أَهْلِ ٱلْمَدِينَةِ مَرَدُوا۟ عَلَى ٱلنِّفَاقِ لَا تَعْلَمُهُمْ ۖ نَحْنُ نَعْلَمُهُمْ ۚ سَنُعَذِّبُهُم مَّرَّتَيْنِ ثُمَّ يُرَدُّونَ إِلَىٰ عَذَابٍ عَظِيمٍ ﴿١٠١﴾

101. Futhi kulabo abahlala emaphandleni enakhelene nabo, kunabazenzisi, kanjalo nakuzakhamizi zaseMadina. Bagxili ngxi ekuzenziseni, wena [Muhamadi] awubazi, kepha Thina siyabazi. Sizobajezisa kabili bese bebuyela esijezisweni esinzima.

وَءَاخَرُونَ ٱعْتَرَفُوا۟ بِذُنُوبِهِمْ خَلَطُوا۟ عَمَلًا صَٰلِحًا وَءَاخَرَ سَيِّئًا ۖ عَسَى ٱللَّهُ أَن يَتُوبَ عَلَيْهِمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٠٢﴾

102. Abanye babo bazivumile izimpambuko zabo, bahlanise izenzo ezinhle nezinye ezimbi, hleze u Allah abathethelele, ngoba u Allah Ungothethelelayo Onesihawu.

خُذْ مِنْ أَمْوَٰلِهِمْ صَدَقَةً تُطَهِّرُهُمْ وَتُزَكِّيهِم بِهَا وَصَلِّ عَلَيْهِمْ ۖ إِنَّ صَلَوٰتَكَ سَكَنٌ لَّهُمْ ۗ وَٱللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿١٠٣﴾

103. Thatha kumcebo wabo umnikelo [iZakati] ozobahlanza uphinde ubakhuculule ngawo futhi ubakhulekele, ngokuba umkhuleko wakho uwuzinzo kubo. U Allah Ungozwayo Owaziyo.

أَلَمْ يَعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ هُوَ يَقْبَلُ ٱلتَّوْبَةَ عَنْ عِبَادِهِۦ وَيَأْخُذُ ٱلصَّدَقَٰتِ وَأَنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلتَّوَّابُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٠٤﴾

104. Ingabe bebengazi yini ukuthi u Allah uyakwamukela ukuzisola kwezigqila zaKhe aphinde futhi athathe neminikelo, nokuthi u Allah Ungothethelelayo Onesihawu.

105. Yithi: "Yenzani imisebenzi [emihle], ngokuba u Allah neSithunywa saKhe kanye nabakholwayo bayibhekile imisebenzi yenu, futhi niyobuyela koWazi okungabinwa nokubonwayo ukuze anazise ngebenikwenza.

وَقُلِ ٱعۡمَلُواْ فَسَيَرَى ٱللَّهُ عَمَلَكُمۡ وَرَسُولُهُۥ وَٱلۡمُؤۡمِنُونَۖ وَسَتُرَدُّونَ إِلَىٰ عَٰلِمِ ٱلۡغَيۡبِ وَٱلشَّهَٰدَةِ فَيُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمۡ تَعۡمَلُونَ ١٠٥

106. Abanye balindele isiqumo sika Allah, uzobajezisa noma abathethelele. U Allah Ungowaziyo Okhaliphile.

وَءَاخَرُونَ مُرۡجَوۡنَ لِأَمۡرِ ٱللَّهِ إِمَّا يُعَذِّبُهُمۡ وَإِمَّا يَتُوبُ عَلَيۡهِمۡۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٞ ١٠٦

107. Futhi labo abenze iMasijidi indawo yokulimaza neyokungakholwa nendlela yokukwakha uqhekeko phakathi kwabakholwayo nendawo yokucutha labo abake balwa no Allah neSithunywa saKhe ngaphambilini. Futhi bayofunga, bathi: "Besingahlosanga lutho ngaphandle kokuhle", kepha u Allah ungufakazi ukuthi baqamba amanga aluhlaza.

وَٱلَّذِينَ ٱتَّخَذُواْ مَسۡجِدٗا ضِرَارٗا وَكُفۡرٗا وَتَفۡرِيقَۢا بَيۡنَ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ وَإِرۡصَادٗا لِّمَنۡ حَارَبَ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ مِن قَبۡلُۚ وَلَيَحۡلِفُنَّ إِنۡ أَرَدۡنَآ إِلَّا ٱلۡحُسۡنَىٰۖ وَٱللَّهُ يَشۡهَدُ إِنَّهُمۡ لَكَٰذِبُونَ ١٠٧

108. Ungalinge ume kuyo [uthandaze], ngokuba iMasijidi ozisekelo zayo ukuthobela u Allah zibekwa ngosukulokuqala, iyona okufanele ume kuyo [uthandaze]. Kuyo kunamadoda athanda ukuzihlanza, futhi u Allah uyabathanda labo abazihlanzayo.

لَا تَقُمۡ فِيهِ أَبَدٗاۚ لَّمَسۡجِدٌ أُسِّسَ عَلَى ٱلتَّقۡوَىٰ مِنۡ أَوَّلِ يَوۡمٍ أَحَقُّ أَن تَقُومَ فِيهِۚ فِيهِ رِجَالٞ يُحِبُّونَ أَن يَتَطَهَّرُواْۚ وَٱللَّهُ يُحِبُّ ٱلۡمُطَّهِّرِينَ ١٠٨

أَفَمَنْ أَسَّسَ بُنْيَٰنَهُۥ عَلَىٰ تَقْوَىٰ مِنَ ٱللَّهِ وَرِضْوَٰنٍ خَيْرٌ أَم مَّنْ أَسَّسَ بُنْيَٰنَهُۥ عَلَىٰ شَفَا جُرُفٍ هَارٍ فَٱنْهَارَ بِهِۦ فِى نَارِ جَهَنَّمَ ۗ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٠٩﴾

109. Ingabe ubani ongcono, lowo owakha isakhiwo sakhe phezu kokuzithoba nokuthokoza okuvela ku Allah, noma lowo owakhe isakhiwo sakhe onqenqemeni lewa elikhumuzelayo, elivoshoka naye limfake emlilweni waseJahanamu. Futhi u Allah akababaholi abantu abaphambukayo.

لَا يَزَالُ بُنْيَٰنُهُمُ ٱلَّذِى بَنَوْا۟ رِيبَةً فِى قُلُوبِهِمْ إِلَّآ أَن تَقَطَّعَ قُلُوبُهُمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٌ ﴿١١٠﴾

110. Lesakhiwo sabo siyohlala siyisihlafava songabazane ezinhlizweni zabo, ngaphandle-ke uma izinhliziyo zabo zima nsi [ngokufa]. U Allah Ungowaziyo Okhaliphile.

* إِنَّ ٱللَّهَ ٱشْتَرَىٰ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ أَنفُسَهُمْ وَأَمْوَٰلَهُم بِأَنَّ لَهُمُ ٱلْجَنَّةَ ۚ يُقَٰتِلُونَ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ فَيَقْتُلُونَ وَيُقْتَلُونَ ۖ وَعْدًا عَلَيْهِ حَقًّا فِى ٱلتَّوْرَىٰةِ وَٱلْإِنجِيلِ وَٱلْقُرْءَانِ ۚ وَمَنْ أَوْفَىٰ بِعَهْدِهِۦ مِنَ ٱللَّهِ ۚ فَٱسْتَبْشِرُوا۟ بِبَيْعِكُمُ ٱلَّذِى بَايَعْتُم بِهِۦ ۚ وَذَٰلِكَ هُوَ ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿١١١﴾

111. Nebala, u Allah uthenge kwabakholwayo iziqu zabo uqobo nemicebo yabo, ngokuthi bayothola *iJana*. Kumele balwe endleleni ka Allah, babulale balulawe. Isithembiso seqiniso kwi*Tora* ne *Ininjili* kanye *neKurani*. Ingabe ukhona ongcina isithembiso sakhe ukudlula u Allah na? Ngakhoke thokozani ngohwebo lwenu lolu enihwebe ngalo, ngokuba lokho yikona okuyimpumelelo enkulu.

ٱلتَّٰٓئِبُونَ ٱلْعَٰبِدُونَ ٱلْحَٰمِدُونَ ٱلسَّآئِحُونَ ٱلرَّٰكِعُونَ ٱلسَّٰجِدُونَ ٱلْءَامِرُونَ بِٱلْمَعْرُوفِ

112. [abakholwayo okuthengwe kubo], abazisolayo bacele intethelelo, abakhonzayo, abadumisayo, abaphumayo

وَٱلنَّاهُونَ عَنِ ٱلْمُنكَرِ وَٱلْحَـٰفِظُونَ لِحُدُودِ ٱللَّهِ ۗ وَبَشِّرِ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١١٢﴾

[beya empini ka Allah], abakhothamayo nabawa phansi ngobuso [kuSwala], abayalela ngokuhle, abanqanda okubi nabangayiphuli imithetho ka Allah. Thula-ke izindaba ezinhle kulabo abakholwayo.

مَا كَانَ لِلنَّبِيِّ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ أَن يَسْتَغْفِرُوا۟ لِلْمُشْرِكِينَ وَلَوْ كَانُوٓا۟ أُو۟لِى قُرْبَىٰ مِنۢ بَعْدِ مَا تَبَيَّنَ لَهُمْ أَنَّهُمْ أَصْحَـٰبُ ٱلْجَحِيمِ ﴿١١٣﴾

113. Akumele iSithunywa nalabo abakholwayo bacelele abakhonzi bezithixo [abashonile] intethelelo, noma bengaba izihlobo, emuva kokuba sekubacacele ukuthi bayongena eMlilweni.

وَمَا كَانَ ٱسْتِغْفَارُ إِبْرَٰهِيمَ لِأَبِيهِ إِلَّا عَن مَّوْعِدَةٍ وَعَدَهَآ إِيَّاهُ فَلَمَّا تَبَيَّنَ لَهُۥٓ أَنَّهُۥ عَدُوٌّ لِّلَّهِ تَبَرَّأَ مِنْهُ ۚ إِنَّ إِبْرَٰهِيمَ لَأَوَّٰهٌ حَلِيمٌ ﴿١١٤﴾

114. Futhi ukucelelela kuka Ibhirahimu uyise intethelelo, kwakungenxa yesithembiso ayemthembise sona. Kepha kwathi sekumcacele ukuthi uyise uyisitha sika Allah, wamhlubuka. Nebala u Ibhirahimu wayekhuleka enobubele.

وَمَا كَانَ ٱللَّهُ لِيُضِلَّ قَوْمًۢا بَعْدَ إِذْ هَدَىٰهُمْ حَتَّىٰ يُبَيِّنَ لَهُم مَّا يَتَّقُونَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿١١٥﴾

115. Futhi u Allah akasoze abadukise abantu emuva kokuba ebaholile engakacaciseli lokho okumele bakugweme. Ngempela u Allah Ungowazi zonke izinto.

إِنَّ ٱللَّهَ لَهُۥ مُلْكُ ٱلسَّمَـٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ يُحْىِۦ وَيُمِيتُ ۚ وَمَا لَكُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ مِن وَلِىٍّ وَلَا نَصِيرٍ ﴿١١٦﴾

116. Nebala, umbuso wamazulu nomhlaba ungoka Allah, nguYena oletha impilo nokufa. Futhi akekho oyonihlenga noma anisize ngaphandle kuka Allah.

117. Impela, u Allah wasithethelela iSithunywa *noMuhajirina* nama *Aniswari*, labo phela abasilandela ngesikhathi sobunzima, emuva kokuba izinhliziyo zabanye kubo zacisha zaphambuka, waphinda wabathethelela, ngokuba Yena [u Allah] uyabazwela uyabahawukela.

لَّقَد تَّابَ ٱللَّهُ عَلَى ٱلنَّبِيِّ وَٱلْمُهَٰجِرِينَ وَٱلْأَنصَارِ ٱلَّذِينَ ٱتَّبَعُوهُ فِى سَاعَةِ ٱلْعُسْرَةِ مِنۢ بَعْدِ مَا كَادَ يَزِيغُ قُلُوبُ فَرِيقٍ مِّنْهُمْ ثُمَّ تَابَ عَلَيْهِمْ ۚ إِنَّهُۥ بِهِمْ رَءُوفٌ رَّحِيمٌ ﴿١١٧﴾

118. Kanye nalabo abathathu [abakholwayo] abasalela emuva [wabathethelela]; labo abancishelwa umhlaba yize ubazi kanjalo nezinhliziyo zabo zathwala kanzima. Baba nesiqinisekiso sokuthi akukho lapho abangakhosela khona uma bebalekela u Allah ngaphandle kokuthi babuyele kuYe. Wabe esebathethelela ukuze bakhone ukuzisola bacele intethelelo. Impela u Allah nguYena Othethelelayo Onesihawu.

وَعَلَى ٱلثَّلَٰثَةِ ٱلَّذِينَ خُلِّفُوا۟ حَتَّىٰٓ إِذَا ضَاقَتْ عَلَيْهِمُ ٱلْأَرْضُ بِمَا رَحُبَتْ وَضَاقَتْ عَلَيْهِمْ أَنفُسُهُمْ وَظَنُّوٓا۟ أَن لَّا مَلْجَأَ مِنَ ٱللَّهِ إِلَّآ إِلَيْهِ ثُمَّ تَابَ عَلَيْهِمْ لِيَتُوبُوٓا۟ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلتَّوَّابُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١١٨﴾

119. Nina enikholwayo, thobelani u Allah, futhi nibe kanye nalabo abaneqiniso.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَكُونُوا۟ مَعَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿١١٩﴾

120. Izakhamuzi nezaseMadina nalabo abangamaqaba [iziqhaza] abakhelene nabo, abakubanele ukuba basasela emuva bayeke iSithunywa nokuthi bazikhathalela bona kunaso. Lokho kungenxa

مَا كَانَ لِأَهْلِ ٱلْمَدِينَةِ وَمَنْ حَوْلَهُم مِّنَ ٱلْأَعْرَابِ أَن يَتَخَلَّفُوا۟ عَن رَّسُولِ ٱللَّهِ وَلَا يَرْغَبُوا۟ بِأَنفُسِهِمْ عَن نَّفْسِهِۦ ۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ لَا يُصِيبُهُمْ ظَمَأٌ وَلَا نَصَبٌ وَلَا مَخْمَصَةٌ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ

yokuthi kukho konke ukoma nokukhathala nendlala ababhekana nakho endleleni ka Allah, nalapho abahamba khona kunyanye abangakholwa nokugadla abakugadlayo esitheni, balotshelwa ngakho isenzo esihle. Nebala u Allah akawucekeli phansi umvuzo walabo abenza okuhle.

وَلَا يَطَـُٔونَ مَوْطِئًا يَغِيظُ ٱلْكُفَّارَ وَلَا يَنَالُونَ مِنْ عَدُوٍّ نَّيْلًا إِلَّا كُتِبَ لَهُم بِهِۦ عَمَلٌ صَٰلِحٌ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُضِيعُ أَجْرَ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٢٠﴾

121. Futhi ngakho konke okuncane nokukhulu abakuchithayo nangawonke amahlanze abandlulayo, bayalotshelwa [isenzo esihle], ukuze u Allah abahlomulise ngokuhle kulokho ababekwenza.

وَلَا يُنفِقُونَ نَفَقَةً صَغِيرَةً وَلَا كَبِيرَةً وَلَا يَقْطَعُونَ وَادِيًا إِلَّا كُتِبَ لَهُمْ لِيَجْزِيَهُمُ ٱللَّهُ أَحْسَنَ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٢١﴾

122. Futhi akumele baphume bonke abakholwayo baye empini. Kumele kube neviyo elizophuma liye empini kuzo zonke izizwe ukuze lifunde liqondisise inkolo, kuthi uma bebuyela kubantu bakubo, babaxwayise ukuze baqaphele [imiyalelo ka Allah].

* وَمَا كَانَ ٱلْمُؤْمِنُونَ لِيَنفِرُوا۟ كَآفَّةً ۚ فَلَوْلَا نَفَرَ مِن كُلِّ فِرْقَةٍ مِّنْهُمْ طَآئِفَةٌ لِّيَتَفَقَّهُوا۟ فِى ٱلدِّينِ وَلِيُنذِرُوا۟ قَوْمَهُمْ إِذَا رَجَعُوٓا۟ إِلَيْهِمْ لَعَلَّهُمْ يَحْذَرُونَ ﴿١٢٢﴾

123. Nina enikholwayo, yilwani nalabo abangakholwa enakhelene nabo, niqinise isandla kubo, futhi nihlale nazi ukuthi u Allah unalabo abamthobelayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ قَٰتِلُوا۟ ٱلَّذِينَ يَلُونَكُم مِّنَ ٱلْكُفَّارِ وَلْيَجِدُوا۟ فِيكُمْ غِلْظَةً ۚ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ مَعَ ٱلْمُتَّقِينَ ﴿١٢٣﴾

124. Kuthi njalo uma kwembulelwa isahluko, kunalabo kubo abathi: "Ngubani kini okholo lwakhe lwandiswe yilokhu na?". Labo

وَإِذَا مَآ أُنزِلَتْ سُورَةٌ فَمِنْهُم مَّن يَقُولُ أَيُّكُمْ زَادَتْهُ هَٰذِهِۦٓ إِيمَٰنًا ۚ فَأَمَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ فَزَادَتْهُمْ إِيمَٰنًا وَهُمْ يَسْتَبْشِرُونَ ﴿١٢٤﴾

abakholwayo, sibandisela ukholo lwabo futhi bayathokoza.

125. Kepha labo abanesifo [ungabazane] ezinhlizweni zabo, bona sibandisela ukungcola kulokho vele abanakho futhi bafa bengabangakholwa.

126. Ingabe ababoni yini ukuthi bahlale bevivinywa minyaka yonke kabili noma kathathu, kepha bona abaphezi futhi abazithibi.

127. Futhi kuthi njalo nje uma kwembulelwa isahluko [seKurani], babukana bodwa; ingabe ukhona yini onibonayo, bese beyahamba. U Allah uziphambukisile izinhliziyo zabo, ngokuba bangabantu abangafuni ukuqonda.

128. Nebala sifikile kini iSithunywa esidabuka kini, okunzima kuso ukunibona nisebunzimeni nesinikhathelele nesinobubele nesihawu kulabo abakholwayo.

129. Kepha uma bekushaya indiva [we Muhamad], yithi: "Ungenele u Allah, akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwaKhe, ngethembele kuYe, futhi unguMnikazi weSihlalo Esikhulu".

وَأَمَّا ٱلَّذِينَ فِى قُلُوبِهِم مَّرَضٌ فَزَادَتْهُمْ رِجْسًا إِلَىٰ رِجْسِهِمْ وَمَاتُوا۟ وَهُمْ كَٰفِرُونَ ﴿١٢٥﴾

أَوَلَا يَرَوْنَ أَنَّهُمْ يُفْتَنُونَ فِى كُلِّ عَامٍ مَّرَّةً أَوْ مَرَّتَيْنِ ثُمَّ لَا يَتُوبُونَ وَلَا هُمْ يَذَّكَّرُونَ ﴿١٢٦﴾

وَإِذَا مَآ أُنزِلَتْ سُورَةٌ نَّظَرَ بَعْضُهُمْ إِلَىٰ بَعْضٍ هَلْ يَرَىٰكُم مِّنْ أَحَدٍ ثُمَّ ٱنصَرَفُوا۟ ۚ صَرَفَ ٱللَّهُ قُلُوبَهُم بِأَنَّهُمْ قَوْمٌ لَّا يَفْقَهُونَ ﴿١٢٧﴾

لَقَدْ جَآءَكُمْ رَسُولٌ مِّنْ أَنفُسِكُمْ عَزِيزٌ عَلَيْهِ مَا عَنِتُّمْ حَرِيصٌ عَلَيْكُم بِٱلْمُؤْمِنِينَ رَءُوفٌ رَّحِيمٌ ﴿١٢٨﴾

فَإِن تَوَلَّوْا۟ فَقُلْ حَسْبِىَ ٱللَّهُ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ۖ عَلَيْهِ تَوَكَّلْتُ ۖ وَهُوَ رَبُّ ٱلْعَرْشِ ٱلْعَظِيمِ ﴿١٢٩﴾

(10) SURA YUNUSI
ISITHUNYWA UYUNUSI

سُورَةُ يُونُسَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

الٓرۚ تِلْكَ ءَايَٰتُ ٱلْكِتَٰبِ ٱلْحَكِيمِ ١

1. Alif Lam Ra; Lena imibiko yeNcwadi [iKurani] ekhaliphile.

أَكَانَ لِلنَّاسِ عَجَبًا أَنْ أَوْحَيْنَآ إِلَىٰ رَجُلٍ مِّنْهُمْ أَنْ أَنذِرِ ٱلنَّاسَ وَبَشِّرِ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ أَنَّ لَهُمْ قَدَمَ صِدْقٍ عِندَ رَبِّهِمْۗ قَالَ ٱلْكَٰفِرُونَ إِنَّ هَٰذَا لَسَٰحِرٌ مُّبِينٌ ٢

2. Ingabe abantu bayamangala yini ukuthi sembulele endodeni evela kubo ukuba: "Xwayisa isintu wethule nezindaba ezinhle kulabo abakholwayo, ukuthi balindelwe umvuzo wabo eNkosini yabo". Kepha laba abangakholwa bathi: "Nebala, lona umlumbi ngempela".

إِنَّ رَبَّكُمُ ٱللَّهُ ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ فِى سِتَّةِ أَيَّامٍ ثُمَّ ٱسْتَوَىٰ عَلَى ٱلْعَرْشِۖ يُدَبِّرُ ٱلْأَمْرَۖ مَا مِن شَفِيعٍ إِلَّا مِنۢ بَعْدِ إِذْنِهِۦۚ ذَٰلِكُمُ ٱللَّهُ رَبُّكُمْ فَٱعْبُدُوهُۚ أَفَلَا تَذَكَّرُونَ ٣

3. Nebala, iNkosi yenu ngu Allah, lona owadala amazulu nomhlaba ezinsukwini eziyisithupha, wabe esenyukela eSihlalweni. NguYena ohlela izinto, futhi akekho oyokhulumela omunye ngaphandle uma esethole imvumo yaKhe [u Allah]. Nguyenake loYo u Allah iNkosi yenu, ngakhoke khonzani Yena. Kungani ningalaleli na?

إِلَيْهِ مَرْجِعُكُمْ جَمِيعًاۖ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقًّاۚ إِنَّهُۥ يَبْدَؤُاْ ٱلْخَلْقَ ثُمَّ يُعِيدُهُۥ لِيَجْزِىَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ بِٱلْقِسْطِۚ

4. Nonke niyobuyela kuYe, belu isithembiso sika Allah siyiqiniso. NguYena owaqala indalo futhi uyophinda ayivuse [emuva kokufa kwayo] ukuze ahlomulise

ngobulungiswa labo abakholwayo abenza okuhle. Kuthi labo abangakholwa bayophuza amanzi agxabhayo futhi bathole nesijeziso esibuhlungu ngenxa yokungakholwa kwabo.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَهُمْ شَرَابٌ مِّنْ حَمِيمٍ وَعَذَابٌ أَلِيمٌۢ بِمَا كَانُواْ يَكْفُرُونَ ﴿٤﴾

5. Nguyena [u Allah] owenza ilanga laba yisibani futhi wenza nenyanga yaba ukukhanya wayibekela nemizila ukuze nikwazi inani leminyaka nokubala. Konke lokhu u Allah ukudale ngeqiniso. Ucacisa izibonakaliso kubantu abanolwazi.

هُوَ ٱلَّذِى جَعَلَ ٱلشَّمْسَ ضِيَآءً وَٱلْقَمَرَ نُورًا وَقَدَّرَهُۥ مَنَازِلَ لِتَعْلَمُواْ عَدَدَ ٱلسِّنِينَ وَٱلْحِسَابَ ۚ مَا خَلَقَ ٱللَّهُ ذَٰلِكَ إِلَّا بِٱلْحَقِّ ۚ يُفَصِّلُ ٱلْءَايَٰتِ لِقَوْمٍ يَعْلَمُونَ ﴿٥﴾

6. Nebala, ekuphambaneni kobusuku nemini nakukho konke lokhu u Allah akudalile emazulwini nasemhlabeni kunezibonakaliso kubantu abanokumesaba u Allah.

إِنَّ فِى ٱخْتِلَٰفِ ٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ وَمَا خَلَقَ ٱللَّهُ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يَتَّقُونَ ﴿٦﴾

7. Nebala labo abangathembi ukuthi bayohlangana naThi, futhi benela ngempilo yasemhlabeni banethezeka ngayo kanye nalabo abangenandaba nezibonakaliso zeThu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ لَا يَرْجُونَ لِقَآءَنَا وَرَضُواْ بِٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا وَٱطْمَأَنُّواْ بِهَا وَٱلَّذِينَ هُمْ عَنْ ءَايَٰتِنَا غَٰفِلُونَ ﴿٧﴾

8. Yibo kanye-ke labo abayophephela eMlilweni ngenxa yemisebanzi yabo.

أُوْلَٰٓئِكَ مَأْوَىٰهُمُ ٱلنَّارُ بِمَا كَانُواْ يَكْسِبُونَ ﴿٨﴾

9. Nebala laba abakholwayo benze nokuhle, iNkosi yabo iyobahola ngokholo lwabo. Kuyogeleza imifula enzansi kwabo ezivandeni zentokomalo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ يَهْدِيهِمْ رَبُّهُم بِإِيمَٰنِهِمْ ۖ تَجْرِى مِن تَحْتِهِمُ ٱلْأَنْهَٰرُ فِى جَنَّٰتِ ٱلنَّعِيمِ ﴿٩﴾

دَعۡوَىٰهُمۡ فِيهَا سُبۡحَٰنَكَ ٱللَّهُمَّ وَتَحِيَّتُهُمۡ فِيهَا سَلَٰمٞۚ وَءَاخِرُ دَعۡوَىٰهُمۡ أَنِ ٱلۡحَمۡدُ لِلَّهِ رَبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ١٠

10. Umkhuleko wabo kuzo [izivande] uyobe uthi "Mawungcweliswe Wena Allah", kanti bayo bengilelani ngokuthi "Salamu" [ukuthula], kuthi isiphetho somkhuleko wabo sithi: "udumo lonke ngoluka Allah iNkosi yezizwe zonke".

* وَلَوۡ يُعَجِّلُ ٱللَّهُ لِلنَّاسِ ٱلشَّرَّ ٱسۡتِعۡجَالَهُم بِٱلۡخَيۡرِ لَقُضِيَ إِلَيۡهِمۡ أَجَلُهُمۡۖ فَنَذَرُ ٱلَّذِينَ لَا يَرۡجُونَ لِقَآءَنَا فِي طُغۡيَٰنِهِمۡ يَعۡمَهُونَ ١١

11. Ukube u Allah ubeshesha ukuletha okubi kubantu, njengokushesha kwabo ekufuneni okuhle, bebezobhujiswa. Ngakhoke siyabayeka benhlanhlatha empambukweni yabo, labo abakholelwa ukuthi bayohlangana naThi.

وَإِذَا مَسَّ ٱلۡإِنسَٰنَ ٱلضُّرُّ دَعَانَا لِجَنۢبِهِۦٓ أَوۡ قَاعِدًا أَوۡ قَآئِمٗا فَلَمَّا كَشَفۡنَا عَنۡهُ ضُرَّهُۥ مَرَّ كَأَن لَّمۡ يَدۡعُنَآ إِلَىٰ ضُرّٖ مَّسَّهُۥۚ كَذَٰلِكَ زُيِّنَ لِلۡمُسۡرِفِينَ مَا كَانُواْ يَعۡمَلُونَ ١٢

12. Futhi uma umuntu evelelwe umshophi, ukhuleka kithi elele ngohlangothi noma ehlezi noma emile. Kepha uma Sesimtakulile ebunzimeni bakhe, ushaya engathi akakaze akhuleke kithi esibikela ngobunzima obumvelele. Zikhangiselwe kanjalo phela izephulamthetho lokhu ezikwenzayo.

وَلَقَدۡ أَهۡلَكۡنَا ٱلۡقُرُونَ مِن قَبۡلِكُمۡ لَمَّا ظَلَمُواْ وَجَآءَتۡهُمۡ رُسُلُهُم بِٱلۡبَيِّنَٰتِ وَمَا كَانُواْ لِيُؤۡمِنُواْۚ كَذَٰلِكَ نَجۡزِي ٱلۡقَوۡمَ ٱلۡمُجۡرِمِينَ ١٣

13. Nebala Sazibhubhisa izizwe ezinandulelayo mhlazane ziphambuka, futhi iZithunywa zabo zafika kubo nezibonakaliso kepha bona lutho ukukholwa. Sibajezisa kanjalo-ke abantu abayizigilamkhuba.

ثُمَّ جَعَلۡنَٰكُمۡ خَلَٰٓئِفَ فِي ٱلۡأَرۡضِ مِنۢ بَعۡدِهِمۡ لِنَنظُرَ كَيۡفَ تَعۡمَلُونَ ١٤

14. Sabeke sesilandelanisa ngani emhlabeni emuva kwabo, ukuze sibone ukuthi nina nizokwenzani.

وَإِذَا تُتۡلَىٰ عَلَيۡهِمۡ ءَايَاتُنَا بَيِّنَٰتٖ قَالَ ٱلَّذِينَ لَا يَرۡجُونَ لِقَآءَنَا ٱئۡتِ بِقُرۡءَانٍ غَيۡرِ هَٰذَآ أَوۡ بَدِّلۡهُۚ قُلۡ مَا يَكُونُ لِيٓ أَنۡ أُبَدِّلَهُۥ مِن تِلۡقَآيِ نَفۡسِيٓۖ إِنۡ أَتَّبِعُ إِلَّا مَا يُوحَىٰٓ إِلَيَّۖ إِنِّيٓ أَخَافُ إِنۡ عَصَيۡتُ رَبِّي عَذَابَ يَوۡمٍ عَظِيمٖ ١٥

15. Uma befundelwa imibiko yeThu ecacile, bathi labo abangakholelwa ekuhlanganeni naThi: "Letha enye iKurani ngaphandle kwalena noma ulethe enye esikhundleni sayo". Yithi: "Angikhoni ukuletha enye esikhundleni sayo ngokwami, ngokuba ngilandela kuphela lokho okwembulelwa kimi[1], futhi ngesaba isijeziso soSuku Olukhulu uma ngizophambana nemiyalelo yeNkosi yami.

قُل لَّوۡ شَآءَ ٱللَّهُ مَا تَلَوۡتُهُۥ عَلَيۡكُمۡ وَلَآ أَدۡرَىٰكُم بِهِۦۖ فَقَدۡ لَبِثۡتُ فِيكُمۡ عُمُرٗا مِّن قَبۡلِهِۦٓۚ أَفَلَا تَعۡقِلُونَ ١٦

16. Yithi: "Uma u Allah ethanda bengingeke nginifundele yona [iKurani] futhi bengingeke nganazisa ngayo. Ngihlale nani isikhathi eside ngaphambi kokufika kwayo [iKurani]. Kungani ningaqondi na?"

فَمَنۡ أَظۡلَمُ مِمَّنِ ٱفۡتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا أَوۡ كَذَّبَ بِـَٔايَٰتِهِۦٓۚ إِنَّهُۥ لَا يُفۡلِحُ ٱلۡمُجۡرِمُونَ ١٧

17. Ingabe ukhona yini ophambuke ukudlula lowo oqambela u Allah amanga noma ophika imibiko yaKhe na? Impela izigilamkhuba azisoze zaphumelela nhlobo.

1 Lombiko ukhombisa ngokusobala ukuthi iSithunywa uMuhamadi ﷺ akayena umsunguli weIsilamu futhi akasiyena umlobi weKurani. Uzoqhaphela ukuthi abasunguli bamaqembu namabandla, bahlale beyiguqula imithetho sisekelo zamabandla noma amaqembu abo ukuze phela bahehe abalandeli. Kepha lapha siyabona ukuthi iSithunywa uMuhamad ﷺ akakugqizi qakala ukuheha izihlwele nabalandeli, okumhluphayo nakuyalelwe kona ukuba ethule umbiko lo athunywe wona unjengoba unjalo.

وَيَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَا لَا يَضُرُّهُمْ وَلَا يَنفَعُهُمْ وَيَقُولُونَ هَٰٓؤُلَآءِ شُفَعَٰٓؤُنَا عِندَ ٱللَّهِ ۚ قُلْ أَتُنَبِّـُٔونَ ٱللَّهَ بِمَا لَا يَعْلَمُ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَلَا فِى ٱلْأَرْضِ ۚ سُبْحَٰنَهُۥ وَتَعَٰلَىٰ عَمَّا يُشْرِكُونَ ﴿١٨﴾

18. Futhi bakhonza ngaphandle kuka Allah lokho okungeke kwabalimaza ngalutho noma kubasize ngalutho, baphinde bathi: "Laba yibona abayosikhulumela ku Allah". Yithi: "ingabe nifuna ukwazisa u Allah ngalokho angakwazi emazulwini noma emhlabeni na? Makangcweliswe futhi uphakeme kulokho abakubhangqayo".

وَمَا كَانَ ٱلنَّاسُ إِلَّآ أُمَّةً وَٰحِدَةً فَٱخْتَلَفُوا۟ ۚ وَلَوْلَا كَلِمَةٌ سَبَقَتْ مِن رَّبِّكَ لَقُضِىَ بَيْنَهُمْ فِيمَا فِيهِ يَخْتَلِفُونَ ﴿١٩﴾

19. Futhi abantu babesokholweni olulodwa, kepha baphikisana. Ukube bekungekona ukuthi izwi elivela ku Allah seliphumile [lokunika isikhathi], ngabe sehlulelwe kulokho abaphikisana ngakho.

وَيَقُولُونَ لَوْلَآ أُنزِلَ عَلَيْهِ ءَايَةٌ مِّن رَّبِّهِۦ ۖ فَقُلْ إِنَّمَا ٱلْغَيْبُ لِلَّهِ فَٱنتَظِرُوٓا۟ ۖ إِنِّى مَعَكُم مِّنَ ٱلْمُنتَظِرِينَ ﴿٢٠﴾

20. Futhi bathi [abangakholwa]: "Ake alethelwe isibonakaliso esivela eNkosini yakhe". Yithi: "Nebala okungabonwa kungokuka Allah kuphela, ngakho-ke lindani, ngokuba nami ngilinde kanye nani".

وَإِذَآ أَذَقْنَا ٱلنَّاسَ رَحْمَةً مِّنۢ بَعْدِ ضَرَّآءَ مَسَّتْهُمْ إِذَا لَهُم مَّكْرٌ فِىٓ ءَايَاتِنَا ۚ قُلِ ٱللَّهُ أَسْرَعُ مَكْرًا ۚ إِنَّ رُسُلَنَا يَكْتُبُونَ مَا تَمْكُرُونَ ﴿٢١﴾

21. Kuthi lapho uma sizwise abantu umusa emuva kokuba behlelwe ubunzima, gqithi sebenesu mayelana nezibokaliso zeThu. Yithi: " U Allah wakha isu ngokushesha impela". Belu izithunywa [izingelosi] zeThu ziyaliloba isu enilakhayo.

هُوَ ٱلَّذِى يُسَيِّرُكُمْ فِى ٱلْبَرِّ وَٱلْبَحْرِ ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا كُنتُمْ فِى ٱلْفُلْكِ وَجَرَيْنَ بِهِم بِرِيحٍ طَيِّبَةٍ وَفَرِحُوا۟ بِهَا جَآءَتْهَا رِيحٌ عَاصِفٌ وَجَآءَهُمُ ٱلْمَوْجُ مِن كُلِّ مَكَانٍ وَظَنُّوٓا۟ أَنَّهُمْ أُحِيطَ بِهِمْ دَعَوُا۟ ٱللَّهَ مُخْلِصِينَ لَهُ ٱلدِّينَ لَئِنْ أَنجَيْتَنَا مِنْ هَٰذِهِۦ لَنَكُونَنَّ مِنَ ٱلشَّٰكِرِينَ ﴿٢٢﴾

22. NguYena onenza nikwazi ukuhamba emhlabeni nasolwandle, kuthi lapho uma sesigibelile emkhunjini, wahamba nabo ngomoya omuhle bejabule. Makhathaleni kufike umoya oyishingishane futhi benganyelwe amagagasi nhlangothi zonke, baqinisekiseke ukuthi bahaqiwe, yilapho-ke bekhuleka ku Allah ngokholo olumsulwa [bethi]: "uma nje ungasihlenga kulokhu, impela siyoba ngababongayo".

فَلَمَّآ أَنجَىٰهُمْ إِذَا هُمْ يَبْغُونَ فِى ٱلْأَرْضِ بِغَيْرِ ٱلْحَقِّ ۗ يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ إِنَّمَا بَغْيُكُمْ عَلَىٰٓ أَنفُسِكُم ۖ مَّتَٰعَ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۖ ثُمَّ إِلَيْنَا مَرْجِعُكُمْ فَنُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٢٣﴾

23. Kepha kuthi uma esebahlengile, yibona kanye futhi abaphambuka ngokungemthetho emhlabeni. Sintu, ukuphambuka kwenu kulimaza nina uqobo; niyonethezeka empilweni yasemhlabeni bese nonke nibuyela kithi, siyobe-ke sesinazisa ngalokho ebenikwenza.

إِنَّمَا مَثَلُ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا كَمَآءٍ أَنزَلْنَٰهُ مِنَ ٱلسَّمَآءِ فَٱخْتَلَطَ بِهِۦ نَبَاتُ ٱلْأَرْضِ مِمَّا يَأْكُلُ ٱلنَّاسُ وَٱلْأَنْعَٰمُ حَتَّىٰٓ إِذَآ أَخَذَتِ ٱلْأَرْضُ زُخْرُفَهَا وَٱزَّيَّنَتْ وَظَنَّ أَهْلُهَآ أَنَّهُمْ قَٰدِرُونَ عَلَيْهَآ أَتَىٰهَآ أَمْرُنَا لَيْلًا أَوْ نَهَارًا فَجَعَلْنَٰهَا حَصِيدًا كَأَن لَّمْ تَغْنَ بِٱلْأَمْسِ ۚ كَذَٰلِكَ نُفَصِّلُ ٱلْءَايَٰتِ لِقَوْمٍ يَتَفَكَّرُونَ ﴿٢٤﴾

24. Impilo yasemhlabeni ifana namanzi esiwehlisa phezulu bese ehlangana nezitshalo zomhlaba ezidliwa ngabantu nezilwane, kuze kube umhlaba uyaqhakaza uba muhle; abantu basemhlabeni baze baqinisekiseke ukuthi bayozitika kuwo. Kepha umyalelo weThu ufike kuwo [umhlaba] ebusuku noma emini uwushaqe kube ngathi bekungenalutho zolo lokhu. Sizicacisa kanjalo izibonakaliso zeThu kubantu abahlaziyayo.

25. Futhi u Allah ubizela eMzini wokuthula [iJana], futhi uholela amthandayo endleleni eqondile.

وَٱللَّهُ يَدۡعُوٓاْ إِلَىٰ دَارِ ٱلسَّلَٰمِ وَيَهۡدِي مَن يَشَآءُ إِلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٖ ٢٥

26. Labo abenza okuhle [ngokuthobela intando ka Allah] bayothola umvuzo omuhle [iJana] nokwengeziwe [ukubona u Allah mathupha], futhi ubuso babo abuyikuthelwa uthuli noma ihlazo. Labo bayongena eJana bahlale khona unaphakade.

* لِّلَّذِينَ أَحۡسَنُواْ ٱلۡحُسۡنَىٰ وَزِيَادَةٞۖ وَلَا يَرۡهَقُ وُجُوهَهُمۡ قَتَرٞ وَلَا ذِلَّةٌۚ أُوْلَٰٓئِكَ أَصۡحَٰبُ ٱلۡجَنَّةِۖ هُمۡ فِيهَا خَٰلِدُونَ ٢٦

27. Bese labo abenza izimpambuko, impambuko ngayinye iyojezisa ngokufana nayo futhi bayothelwa ihlazo. Akekho oyobavikela ku Allah; ubuso babo kuyoba ngathi bumbozwe ngeziqephu zobusuku obumnyama bhuqe. Labo bayongena eMlilweni bahlale kuwo unaphakade.

وَٱلَّذِينَ كَسَبُواْ ٱلسَّيِّـَٔاتِ جَزَآءُ سَيِّئَةٖ بِمِثۡلِهَا وَتَرۡهَقُهُمۡ ذِلَّةٞۖ مَّا لَهُم مِّنَ ٱللَّهِ مِنۡ عَاصِمٖۖ كَأَنَّمَآ أُغۡشِيَتۡ وُجُوهُهُمۡ قِطَعٗا مِّنَ ٱلَّيۡلِ مُظۡلِمًاۚ أُوْلَٰٓئِكَ أَصۡحَٰبُ ٱلنَّارِۖ هُمۡ فِيهَا خَٰلِدُونَ ٢٧

28. Futhi mhla sibabuthanisa bonke ndawonye, siyothi kulabo ababhanqayo hlalani ezindaweni zenu nina nezikhonzwa zenu. Siyobe sesibahlukanisa, bese izikhonzwa zabo zithi: "phinde beningakhonzi thina nhlobo".

وَيَوۡمَ نَحۡشُرُهُمۡ جَمِيعٗا ثُمَّ نَقُولُ لِلَّذِينَ أَشۡرَكُواْ مَكَانَكُمۡ أَنتُمۡ وَشُرَكَآؤُكُمۡۚ فَزَيَّلۡنَا بَيۡنَهُمۡۖ وَقَالَ شُرَكَآؤُهُم مَّا كُنتُمۡ إِيَّانَا تَعۡبُدُونَ ٢٨

29. U Allah ungufakazi owanele phakathi kwethu nani, ukuthi thina besingazi lutho ngokukhonza kwenu.

فَكَفَىٰ بِٱللَّهِ شَهِيدَۢا بَيۡنَنَا وَبَيۡنَكُمۡ إِن كُنَّا عَنۡ عِبَادَتِكُمۡ لَغَٰفِلِينَ ٢٩

هُنَالِكَ تَبْلُواْ كُلُّ نَفْسٍ مَّآ أَسْلَفَتْ ۚ وَرُدُّوٓاْ إِلَى ٱللَّهِ مَوْلَىٰهُمُ ٱلْحَقِّ ۖ وَضَلَّ عَنْهُم مَّا كَانُواْ يَفْتَرُونَ ﴿٣٠﴾

30. Yilapho-ke wonke umuntu eyoveza lokhu abekwenza phambilini, bayobe sebebuyiselwa ku Allah uMhlenga wabo weqiniso futhi konke lokhu ababeqamba ngakho amanga kuyobalahlekela.

قُلْ مَن يَرْزُقُكُم مِّنَ ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ أَمَّن يَمْلِكُ ٱلسَّمْعَ وَٱلْأَبْصَٰرَ وَمَن يُخْرِجُ ٱلْحَىَّ مِنَ ٱلْمَيِّتِ وَيُخْرِجُ ٱلْمَيِّتَ مِنَ ٱلْحَىِّ وَمَن يُدَبِّرُ ٱلْأَمْرَ ۚ فَسَيَقُولُونَ ٱللَّهُ ۚ فَقُلْ أَفَلَا تَتَّقُونَ ﴿٣١﴾

31. Yithi: "Ubani lona onilethela isabelo senu sivela ezulwini [imvula] nasemhlabeni, noma lona okunguyena ongumikazi wokuzwa nokubona, nalowo okhipha okuphila kokufile aphinde akhiphe okufile kokuphilayo, nalowo ohlela izinto na?". Bayothi: "u Allah", ngakhoke yithi: "phezani-ke [ukubhanqa izikhonzwa no Allah]".

فَذَٰلِكُمُ ٱللَّهُ رَبُّكُمُ ٱلْحَقُّ ۖ فَمَاذَا بَعْدَ ٱلْحَقِّ إِلَّا ٱلضَّلَٰلُ ۖ فَأَنَّىٰ تُصْرَفُونَ ﴿٣٢﴾

32. Nguyena-ke loyo u Allah iNkosi yenu yeqiniso; pho-ke ikuphi okukhona emuva kweqiniso ngaphandle kokuduka na? Ingabe nidukela kuphi na?

كَذَٰلِكَ حَقَّتْ كَلِمَتُ رَبِّكَ عَلَى ٱلَّذِينَ فَسَقُوٓاْ أَنَّهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿٣٣﴾

33. Kanjalo, Izwi leNkosi yakho liyiqiniso mayelana nalabo abangamahlongandlebe ukuthi angeke bakholwe.

قُلْ هَلْ مِن شُرَكَآئِكُم مَّن يَبْدَؤُاْ ٱلْخَلْقَ ثُمَّ يُعِيدُهُۥ ۚ قُلِ ٱللَّهُ يَبْدَؤُاْ ٱلْخَلْقَ ثُمَّ يُعِيدُهُۥ ۖ فَأَنَّىٰ تُؤْفَكُونَ ﴿٣٤﴾

34. Yithi: "Ingabe ukhona kuzikhonzwa zenu okwazi ukususa phansi indalo ayidale aphinde futhi ayivuse [emuva kokufa] na?" Yithi: "u Allah uyisusa phansi indalo ayidale aphinde futhi ayivuse; ingabe nihlanhlathela kuphi na?".

قُلْ هَلْ مِن شُرَكَآئِكُم مَّن يَهْدِىٓ إِلَى ٱلْحَقِّ ۚ قُلِ ٱللَّهُ يَهْدِى لِلْحَقِّ ۗ أَفَمَن يَهْدِىٓ إِلَى ٱلْحَقِّ أَحَقُّ أَن يُتَّبَعَ أَمَّن لَّا يَهِدِّىٓ إِلَّآ أَن يُهْدَىٰ ۖ فَمَا لَكُمْ كَيْفَ تَحْكُمُونَ ﴿٣٥﴾

35. Yithi: "Ingabe ukhona kuzikhonzwa zenu oholela eqinisweni na?". Yithi: "u Allah uyaholela eqinisweni; ingabe-ke lowo oholela eqinisweni nguyena okumele alandelwe noma lowo ongakwazi ukuhola ngaphandleke uma eholwa kwayena? Yini ngani nahlulela kanjani na?

وَمَا يَتَّبِعُ أَكْثَرُهُمْ إِلَّا ظَنًّا ۚ إِنَّ ٱلظَّنَّ لَا يُغْنِى مِنَ ٱلْحَقِّ شَيْـًٔا ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٌۢ بِمَا يَفْعَلُونَ ﴿٣٦﴾

36. Iningi labo lilandela imidlinzo nje kuphela; bheka ngoba imidlinzo ayisizi ngalutho ekutholeni iqiniso. Nebala u Allah ukwazi kahle abakwenzayo.

وَمَا كَانَ هَٰذَا ٱلْقُرْءَانُ أَن يُفْتَرَىٰ مِن دُونِ ٱللَّهِ وَلَٰكِن تَصْدِيقَ ٱلَّذِى بَيْنَ يَدَيْهِ وَتَفْصِيلَ ٱلْكِتَٰبِ لَا رَيْبَ فِيهِ مِن رَّبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٣٧﴾

37. Le Kurani ayisoze yaqanjwa muntu ngaphandle kuka Allah. Empeleni yembulelwe ukufakazela lokho okuyandulelayo futhi nokucacisa iNcwadi [yona iKurani] engenalo ungabazane, ivela eNkosini yezizwe zonke.

أَمْ يَقُولُونَ ٱفْتَرَىٰهُ ۖ قُلْ فَأْتُوا۟ بِسُورَةٍ مِّثْلِهِۦ وَٱدْعُوا۟ مَنِ ٱسْتَطَعْتُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٣٨﴾

38. Ingabe bathi: 'nguyena [uMuhamadi] oziqambele yona [iKuranai]'. Yithi: "Lethani phela isahluko esisodwa esifana nayo [iKurani] futhi nimeme eningakhona ukubamema [bazonilekelela] ngaphandle kuka Allah uma ngempela niqinisile".

39. Empeleni baphika into abangenalwazi ngayo futhi bekungaka kwenzeki lokho kubo. Kanjalo nalabo ababandulelayo baphika; ngakhoke bheka ukuthi saba njani isiphetho salabo abaphambukayo.

بَلْ كَذَّبُواْ بِمَا لَمْ يُحِيطُواْ بِعِلْمِهِۦ وَلَمَّا يَأْتِهِمْ تَأْوِيلُهُۥۚ كَذَٰلِكَ كَذَّبَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْۖ فَٱنظُرْ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٣٩﴾

40. Futhi kunalabo kubo abakholelwayo kuyo [iKurani] bese kuba nalabo abangakholelwa kuyo. Kepha iNkosi yakho ibazi kahle labo abayizephula mthetho.

وَمِنْهُم مَّن يُؤْمِنُ بِهِۦ وَمِنْهُم مَّن لَّا يُؤْمِنُ بِهِۦۚ وَرَبُّكَ أَعْلَمُ بِٱلْمُفْسِدِينَ ﴿٤٠﴾

41. Uma bekusola [wena Muhamadi] ngamanga, yithi: "nginemisebenzi yami nani futhi ninemisebenzi yenu. Nina anihlangene nokwenziwa yimi, nami angihlangene nenikwenzayo".

وَإِن كَذَّبُوكَ فَقُل لِّي عَمَلِي وَلَكُمْ عَمَلُكُمْۖ أَنتُم بَرِيٓـُٔونَ مِمَّآ أَعْمَلُ وَأَنَا۠ بَرِيٓءٌ مِّمَّا تَعْمَلُونَ ﴿٤١﴾

42. Futhi kunalabo kubo [abangakholwa] abakulalelayo; kaze wena [Muhamadi] uyakwazi yini ukwenza izimumu zikwazi ukuzwa nakuba zingenangqondo.

وَمِنْهُم مَّن يَسْتَمِعُونَ إِلَيْكَۚ أَفَأَنتَ تُسْمِعُ ٱلصُّمَّ وَلَوْ كَانُواْ لَا يَعْقِلُونَ ﴿٤٢﴾

43. Futhi kunalabo kubo abakubukayo; kaze wena [Muhamadi] uyakwazi yini ukuhola izimpumputhe nakuba zingaboni.

وَمِنْهُم مَّن يَنظُرُ إِلَيْكَۚ أَفَأَنتَ تَهْدِى ٱلْعُمْىَ وَلَوْ كَانُواْ لَا يُبْصِرُونَ ﴿٤٣﴾

44. Nebala u Allah akabacindezeli ngalutho abantu, kepha abantu bazicindezela bona uqobo.

إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَظْلِمُ ٱلنَّاسَ شَيْـًٔا وَلَٰكِنَّ ٱلنَّاسَ أَنفُسَهُمْ يَظْلِمُونَ ﴿٤٤﴾

45. Futhi ngoSuku lapho ayobabuthanisa khona, kuyoba ngathi bahlale nje isikhashana sosuku bezama ukwazana. Impela balahlekelwe laba abaphika ukuhlangana no Allah futhi abekho endleleni eqondile.

وَيَوْمَ يَحْشُرُهُمْ كَأَن لَّمْ يَلْبَثُوٓاْ إِلَّا سَاعَةً مِّنَ ٱلنَّهَارِ يَتَعَارَفُونَ بَيْنَهُمْ ۚ قَدْ خَسِرَ ٱلَّذِينَ كَذَّبُواْ بِلِقَآءِ ٱللَّهِ وَمَا كَانُواْ مُهْتَدِينَ ﴿٤٥﴾

46. Singakukhombisa lokhu esibathembise kona noma sikuthathe emhlabeni [ushone], bayobuyela kithi futhi u Allah ukuqhaphe konke abakwenzayo.

وَإِمَّا نُرِيَنَّكَ بَعْضَ ٱلَّذِى نَعِدُهُمْ أَوْ نَتَوَفَّيَنَّكَ فَإِلَيْنَا مَرْجِعُهُمْ ثُمَّ ٱللَّهُ شَهِيدٌ عَلَىٰ مَا يَفْعَلُونَ ﴿٤٦﴾

47. Futhi sonke isizwe sineSithunywa saso. Ngakho-ke uma sekufike iSithunywa sabo, bayohlulelwa ngobulungiswa ngaphandle kokuqilwa.

وَلِكُلِّ أُمَّةٍ رَّسُولٌ ۖ فَإِذَا جَآءَ رَسُولُهُمْ قُضِىَ بَيْنَهُم بِٱلْقِسْطِ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿٤٧﴾

48. Bathi: "siyofika nini lesithembiso uma ngempela niqinisile".

وَيَقُولُونَ مَتَىٰ هَٰذَا ٱلْوَعْدُ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٤٨﴾

49. Yithi: "Akukho kulimala nokuzisiza engizilawulela kona mina mathupha ngaphandle kwalokho okuthandwa ngu Allah. Sonke isizwe sinesikhathi [sokuphila] esibekelwe sona; uma sesifikile isikhathi sabo, abayikusiphutha noma basihambele phambili nakancane [abayikuphunyuka].

قُل لَّآ أَمْلِكُ لِنَفْسِى ضَرًّا وَلَا نَفْعًا إِلَّا مَا شَآءَ ٱللَّهُ ۗ لِكُلِّ أُمَّةٍ أَجَلٌ ۚ إِذَا جَآءَ أَجَلُهُمْ فَلَا يَسْتَـْٔخِرُونَ سَاعَةً وَلَا يَسْتَقْدِمُونَ ﴿٤٩﴾

50. Yithi: "Akenisho, uma isijeziso saKhe sifika kini ebusuku noma emini, yini lena ekuso, izigilamkhuba eziyijahe kangaka na?"

قُلْ أَرَءَيْتُمْ إِنْ أَتَىٰكُمْ عَذَابُهُۥ بَيَٰتًا أَوْ نَهَارًا مَّاذَا يَسْتَعْجِلُ مِنْهُ ٱلْمُجْرِمُونَ ﴿٥٠﴾

51. Ingabe kuyothi uma sesifikile [isijeziso] kube yini nisikholwa na? Nisikholwa manje nakuba benikade nisijahe nakangaka na?

أَثُمَّ إِذَا مَا وَقَعَ ءَامَنتُم بِهِۦٓ ءَآلْـَٰٔنَ وَقَدْ كُنتُم بِهِۦ تَسْتَعْجِلُونَ ﴿٥١﴾

52. Kuyobe sekuthiwa kulabo abaphambukile: "zizweleni isijeziso saphakade, akukho enijeziselwa kona ngaphandle kwemisebenzi yenu."

ثُمَّ قِيلَ لِلَّذِينَ ظَلَمُواْ ذُوقُواْ عَذَابَ ٱلْخُلْدِ هَلْ تُجْزَوْنَ إِلَّا بِمَا كُنتُمْ تَكْسِبُونَ ﴿٥٢﴾

53. Futhi bafuna ukwazi kuwe [Muhamadi] ukuthi, ingabe [isijeziso] siyiqiniso yini. Yithi: "Nebala, siyiqiniso, ngiyifunge inkosi yami; futhi anisoze naphunyuka."

* وَيَسْتَنۢبِـُٔونَكَ أَحَقٌّ هُوَ ۖ قُلْ إِى وَرَبِّىٓ إِنَّهُۥ لَحَقٌّ ۖ وَمَآ أَنتُم بِمُعْجِزِينَ ﴿٥٣﴾

54. Ukube wonke umuntu ophambukile bekungokwakhe konke okusemhlabeni, ubezozihlawulela ngakho. Futhi bayofihla ukuzisola mhla bebona isijeziso, bayobeke sebehlulelwa ngobulungiswa futhi ngaphandle kokuqilwa.

وَلَوْ أَنَّ لِكُلِّ نَفْسٍ ظَلَمَتْ مَا فِى ٱلْأَرْضِ لَٱفْتَدَتْ بِهِۦ ۗ وَأَسَرُّواْ ٱلنَّدَامَةَ لَمَّا رَأَوُاْ ٱلْعَذَابَ ۚ وَقُضِىَ بَيْنَهُم بِٱلْقِسْطِ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿٥٤﴾

55. Impela konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah. Impela isithembiso sika Allah siyiqiniso kepha iningi labo alazi.

أَلَآ إِنَّ لِلَّهِ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۗ أَلَآ إِنَّ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقٌّ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٥٥﴾

56. NguYena [u Allah] oletha impilo noletha ukufa futhi niyobuyela kuYe.

هُوَ يُحْىِۦ وَيُمِيتُ وَإِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٥٦﴾

57. Sintu, nebala iseluleko esivela eNkosini yenu sifikile kini, kanye nekhambi lalokho okusezifubeni nokuholwa nomusa kulabo abakholwayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ قَدْ جَآءَتْكُم مَّوْعِظَةٌ مِّن رَّبِّكُمْ وَشِفَآءٌ لِّمَا فِى ٱلصُّدُورِ وَهُدًى وَرَحْمَةٌ لِّلْمُؤْمِنِينَ ﴿٥٧﴾

58. Yithi: "Umusa ka Allah nesihawu saKhe, yilokho okumele bathokoze ngakho ngokuba kungcono kunakho konke lokhu abakuphembayo".

قُلْ بِفَضْلِ ٱللَّهِ وَبِرَحْمَتِهِۦ فَبِذَٰلِكَ فَلْيَفْرَحُوا۟ هُوَ خَيْرٌ مِّمَّا يَجْمَعُونَ ﴿٥٨﴾

59. Yithi: "Niyakubona lokhu u Allah anilethele kona okuyisondlo, kepha nina nenza okunye kwavumeleka okunye nakunqabela". Yithi: "Ingabe ngu Allah onigunyazile yini noma nimane nje niqambela u Allah amanga na?"

قُلْ أَرَءَيْتُم مَّآ أَنزَلَ ٱللَّهُ لَكُم مِّن رِّزْقٍ فَجَعَلْتُم مِّنْهُ حَرَامًا وَحَلَٰلًا قُلْ ءَآللَّهُ أَذِنَ لَكُمْ ۖ أَمْ عَلَى ٱللَّهِ تَفْتَرُونَ ﴿٥٩﴾

60. Ingabe bacangani ngoSuku lokwaHlulela labo abaqambela u Allah amanga na? Nebala u Allah unesihe kubantu kepha iningi labo alibongi.

وَمَا ظَنُّ ٱلَّذِينَ يَفْتَرُونَ عَلَى ٱللَّهِ ٱلْكَذِبَ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَذُو فَضْلٍ عَلَى ٱلنَّاسِ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَهُمْ لَا يَشْكُرُونَ ﴿٦٠﴾

61. Noma isiphi isimo okuso nalapho uma ufunda iKurani nakukho konke enikwenzayo, sihlale sinani lapho nigxile kukho. Akukho phela okweqa iNkosi yakho emhlabeni nasemazulwini noma kungaba kuncane kulingane nohlavana noma okuncane okudlula lokho noma okukhulu, konke kuqoshwe eNcwadini [yezenzo] ecacile.

وَمَا تَكُونُ فِى شَأْنٍ وَمَا تَتْلُوا۟ مِنْهُ مِن قُرْءَانٍ وَلَا تَعْمَلُونَ مِنْ عَمَلٍ إِلَّا كُنَّا عَلَيْكُمْ شُهُودًا إِذْ تُفِيضُونَ فِيهِ ۚ وَمَا يَعْزُبُ عَن رَّبِّكَ مِن مِّثْقَالِ ذَرَّةٍ فِى ٱلْأَرْضِ وَلَا فِى ٱلسَّمَآءِ وَلَآ أَصْغَرَ مِن ذَٰلِكَ وَلَآ أَكْبَرَ إِلَّا فِى كِتَٰبٍ مُّبِينٍ ﴿٦١﴾

62. Impela abangani baka Allah abanakwesaba futhi abanalo usizi.

أَلَآ إِنَّ أَوْلِيَآءَ ٱللَّهِ لَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿٦٢﴾

63. Yilabo abakholwayo futhi abahlala bezithiba [ngokugcina imiyalelo ka Allah nangokuziqhelelanisa nokunqatshelwe].

ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَكَانُواْ يَتَّقُونَ ﴿٦٣﴾

64. Bayothola izindaba ezinhle empilweni yasemhlabeni kanjalo nakwelizayo. Amazwi ka Allah awaguquki nhlobo. Lokho yikona impela ukuphumelela okukhulu.

لَهُمُ ٱلۡبُشۡرَىٰ فِي ٱلۡحَيَوٰةِ ٱلدُّنۡيَا وَفِي ٱلۡأٓخِرَةِۚ لَا تَبۡدِيلَ لِكَلِمَٰتِ ٱللَّهِۚ ذَٰلِكَ هُوَ ٱلۡفَوۡزُ ٱلۡعَظِيمُ ﴿٦٤﴾

65. Futhi makungakukhathazi abakushoyo, ngokuba ukunqoba konke kungokuka Allah, futhi Ungozwayo Owaziyo.

وَلَا يَحۡزُنكَ قَوۡلُهُمۡۘ إِنَّ ٱلۡعِزَّةَ لِلَّهِ جَمِيعًاۚ هُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلۡعَلِيمُ ﴿٦٥﴾

66. Nebala bonke abasemazulini nabasemhlabeni bangabaka Allah. Futhi labo abakhonza izikhonza ngaphandle kuka Allah yini lena abayilandelayo na?. Empeleni balandela imidlinzo nje futhi baqamba amanga.

أَلَآ إِنَّ لِلَّهِ مَن فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَن فِي ٱلۡأَرۡضِۗ وَمَا يَتَّبِعُ ٱلَّذِينَ يَدۡعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ شُرَكَآءَۚ إِن يَتَّبِعُونَ إِلَّا ٱلظَّنَّ وَإِنۡ هُمۡ إِلَّا يَخۡرُصُونَ ﴿٦٦﴾

67. NguYena owenze ubusuku ukuze niphumule kubo futhi wenza imini yakhanya. Impela kulokho kunezibonakaliso kubantu abazwayo.

هُوَ ٱلَّذِي جَعَلَ لَكُمُ ٱلَّيۡلَ لِتَسۡكُنُواْ فِيهِ وَٱلنَّهَارَ مُبۡصِرًاۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَٰتٖ لِّقَوۡمٖ يَسۡمَعُونَ ﴿٦٧﴾

68. Bathi: "U Allah unendodana", makangcweliswe, Yena uzimele, konke okusemazulwini nasemhlabeni kukngokwaKhe. Aninabo ubufakazi ngalokhu; ingabe-ke nikhuluma ngo Allah lokho eningenalwazi ngakho na?

قَالُواْ ٱتَّخَذَ ٱللَّهُ وَلَدٗا سُبۡحَٰنَهُۥۖ هُوَ ٱلۡغَنِيُّۖ لَهُۥ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۚ إِنۡ عِندَكُم مِّن سُلۡطَٰنِۭ بِهَٰذَآۚ أَتَقُولُونَ عَلَى ٱللَّهِ مَا لَا تَعۡلَمُونَ ﴿٦٨﴾

قُلْ إِنَّ ٱلَّذِينَ يَفْتَرُونَ عَلَى ٱللَّهِ ٱلْكَذِبَ لَا يُفْلِحُونَ ﴿٦٩﴾

69. Labo abaqambela u Allah amanga abaphumeleli.

مَتَٰعٌ فِى ٱلدُّنْيَا ثُمَّ إِلَيْنَا مَرْجِعُهُمْ ثُمَّ نُذِيقُهُمُ ٱلْعَذَابَ ٱلشَّدِيدَ بِمَا كَانُوا۟ يَكْفُرُونَ ﴿٧٠﴾

70. Bayocebeleka emhlabeni bese bebuyela kithi bese sibazwisa isijeziso esinzima ngenxa yokungakholwa kwabo.

* وَٱتْلُ عَلَيْهِمْ نَبَأَ نُوحٍ إِذْ قَالَ لِقَوْمِهِۦ يَٰقَوْمِ إِن كَانَ كَبُرَ عَلَيْكُم مَّقَامِى وَتَذْكِيرِى بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ فَعَلَى ٱللَّهِ تَوَكَّلْتُ فَأَجْمِعُوٓا۟ أَمْرَكُمْ وَشُرَكَآءَكُمْ ثُمَّ لَا يَكُنْ أَمْرُكُمْ عَلَيْكُمْ غُمَّةً ثُمَّ ٱقْضُوٓا۟ إِلَىَّ وَلَا تُنظِرُونِ ﴿٧١﴾

71. Balandise ngendaba kaNuhu mhla ethi kubantu bakhe: "Bantu bakithi, uma ukuhlala kwami nokunikhumbuza kwami ngezibonakaliso zika Allah kunzima kini, mina-ke ngithembele ku Allah. Ngakho-ke hlelani uzungu lwenu, nina nezikhonzwa zenu, lucace lube sobala, bese niyaqeda ngami futhi ningangiphi ithuba nakancane".

فَإِن تَوَلَّيْتُمْ فَمَا سَأَلْتُكُم مِّنْ أَجْرٍ ۖ إِنْ أَجْرِىَ إِلَّا عَلَى ٱللَّهِ ۖ وَأُمِرْتُ أَنْ أَكُونَ مِنَ ٱلْمُسْلِمِينَ ﴿٧٢﴾

72. Kepha uma ningalaleli; benginganicelanga nzuzo nhlobo, ngokuba inzuzo yami u Allah kuphela futhi ngiyalelwe ukuba ngibe iMusilimu [ozinikela entandweni ka Allah].

فَكَذَّبُوهُ فَنَجَّيْنَٰهُ وَمَن مَّعَهُۥ فِى ٱلْفُلْكِ وَجَعَلْنَٰهُمْ خَلَٰٓئِفَ وَأَغْرَقْنَا ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَا ۖ فَٱنظُرْ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلْمُنذَرِينَ ﴿٧٣﴾

73. Bamphika bamthatha njengonamanga; sabe sesimhlenga yena [uNuhu] nalabo ababe kanye naye sabafaka emkhunjini. Futhi sabenza izindlalifa sabacwilisa labo abaphika izibonakaliso zethu. Bheka nje ukuthi saba njani isiphetho salabo abaxwayiswa.

74. Sabe sesithumela emuva kwakhe [uNuhu] ezinye izithunywa ezizweni zabo. Zafika-ke kubo nezibonakaliso zeThu, kepha nabo babe ngazimisele ukukholwa yilokho abakuphika phambilini. Sizivala kanjalo izinhliziyo zalabo abayizephula mthetho.

ثُمَّ بَعَثْنَا مِنۢ بَعْدِهِۦ رُسُلًا إِلَىٰ قَوْمِهِمْ فَجَآءُوهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَمَا كَانُوا۟ لِيُؤْمِنُوا۟ بِمَا كَذَّبُوا۟ بِهِۦ مِن قَبْلُ ۚ كَذَٰلِكَ نَطْبَعُ عَلَىٰ قُلُوبِ ٱلْمُعْتَدِينَ ﴿٧٤﴾

75. Sathumela uMusa noHaruna emuva kwabo ukuba baye nezibonakaliso zeThu kuFirawuni nezikhulu zakhe. Kepha bazigqaja futhi babe bengabantu abayizephula mthetho.

ثُمَّ بَعَثْنَا مِنۢ بَعْدِهِم مُّوسَىٰ وَهَٰرُونَ إِلَىٰ فِرْعَوْنَ وَمَلَإِيْهِۦ بِـَٔايَٰتِنَا فَٱسْتَكْبَرُوا۟ وَكَانُوا۟ قَوْمًا مُّجْرِمِينَ ﴿٧٥﴾

76. Kwathi lapho uma iqiniso elivela kithi lifika kubo, bathi: "Impela lokho ilumbo uqobo".

فَلَمَّا جَآءَهُمُ ٱلْحَقُّ مِنْ عِندِنَا قَالُوٓا۟ إِنَّ هَٰذَا لَسِحْرٌ مُّبِينٌ ﴿٧٦﴾

77. Wathi uMusa: "Nisho nje ngeqiniso uma lifika kini?! Ingabe ilumbo leli yini, kwazise abelumbi abaphumeleli.

قَالَ مُوسَىٰٓ أَتَقُولُونَ لِلْحَقِّ لَمَّا جَآءَكُمْ ۖ أَسِحْرٌ هَٰذَا وَلَا يُفْلِحُ ٱلسَّٰحِرُونَ ﴿٧٧﴾

78. Bathi: "uze la ukusisusa kulokho esafica obabamkhulu bethu bekwenza, funa nina nobabili nithole ubukhosi emhlabeni, futhi nje asinikholwa nobabili".

قَالُوٓا۟ أَجِئْتَنَا لِتَلْفِتَنَا عَمَّا وَجَدْنَا عَلَيْهِ ءَابَآءَنَا وَتَكُونَ لَكُمَا ٱلْكِبْرِيَآءُ فِى ٱلْأَرْضِ وَمَا نَحْنُ لَكُمَا بِمُؤْمِنِينَ ﴿٧٨﴾

79. Wabe esethi uFirawuni: "Ngiletheleni bonke abalumbi abangongoti".

وَقَالَ فِرْعَوْنُ ٱئْتُونِى بِكُلِّ سَٰحِرٍ عَلِيمٍ ﴿٧٩﴾

80. Kwathi lapho befika abelumbi, uMusa wathi kubo: "Phonsani lokhu enikuphonsayo".

فَلَمَّا جَآءَ ٱلسَّحَرَةُ قَالَ لَهُم مُّوسَىٰٓ أَلْقُوا۟ مَآ أَنتُم مُّلْقُونَ ﴿٨٠﴾

81. Kuthe lapho sebephonsile, wathi uMusa: "Lokhu enizenakho ilumbo, u Allah nakanjani uzokushabalalisa ngokuba u Allah akazivuni izenzo zeziphambuki.

فَلَمَّآ أَلْقَوْا۟ قَالَ مُوسَىٰ مَا جِئْتُم بِهِ ٱلسِّحْرُ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ سَيُبْطِلُهُۥٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُصْلِحُ عَمَلَ ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿٨١﴾

82. U Allah uzoliqinisekisa iqiniso ngamazwi aKhe ngisho izephula mthetho zingathandi.

وَيُحِقُّ ٱللَّهُ ٱلْحَقَّ بِكَلِمَٰتِهِۦ وَلَوْ كَرِهَ ٱلْمُجْرِمُونَ ﴿٨٢﴾

83. Abazange bamkholwe uMusa ngaphandle kwentsha yesizwe sakhe nakuba yayisaba ukuthi uFirawuni nezikhulu zakhe bangahle babejezise. Nebala uFirawuni wayezigqaja emhlabeni futhi wayeyisiphula mthetho.

فَمَآ ءَامَنَ لِمُوسَىٰٓ إِلَّا ذُرِّيَّةٌ مِّن قَوْمِهِۦ عَلَىٰ خَوْفٍ مِّن فِرْعَوْنَ وَمَلَإِيْهِمْ أَن يَفْتِنَهُمْ ۚ وَإِنَّ فِرْعَوْنَ لَعَالٍ فِى ٱلْأَرْضِ وَإِنَّهُۥ لَمِنَ ٱلْمُسْرِفِينَ ﴿٨٣﴾

84. U Musa wathi: "Bantu bakithi, uma nikholelwa ku Allah, thembelani ku Allah uma ngempela ningamaMusilimu".

وَقَالَ مُوسَىٰ يَٰقَوْمِ إِن كُنتُمْ ءَامَنتُم بِٱللَّهِ فَعَلَيْهِ تَوَكَّلُوٓا۟ إِن كُنتُم مُّسْلِمِينَ ﴿٨٤﴾

85. Bona bathi: "Sithembele ku Allah, Nkosi yethu ungasenzi isisulu sabantu abaphambukile".

فَقَالُوا۟ عَلَى ٱللَّهِ تَوَكَّلْنَا ۚ رَبَّنَا لَا تَجْعَلْنَا فِتْنَةً لِّلْقَوْمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٨٥﴾

86. "Futhi usihlenge ngomusa waKho kubantu abangakholwa".

وَنَجِّنَا بِرَحْمَتِكَ مِنَ ٱلْقَوْمِ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٨٦﴾

87. Sembulela kuMusa nomfowabo ukuthi: "Yakhelani isizwe senu imizi eMisiri [eGibhithe], nenze imizi yenu ibheke iKibhila [eMakadisi] futhi nenzisise iswala, wethule izindaba ezinhle kulabo abakholwayo".

وَأَوْحَيْنَآ إِلَىٰ مُوسَىٰ وَأَخِيهِ أَن تَبَوَّـَٔا لِقَوْمِكُمَا بِمِصْرَ بُيُوتًا وَٱجْعَلُوا۟ بُيُوتَكُمْ قِبْلَةً وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ ۗ وَبَشِّرِ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٨٧﴾

وَقَالَ مُوسَىٰ رَبَّنَآ إِنَّكَ ءَاتَيْتَ فِرْعَوْنَ وَمَلَأَهُۥ زِينَةً وَأَمْوَٰلًا فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا رَبَّنَا لِيُضِلُّوا۟ عَن سَبِيلِكَ ۖ رَبَّنَا ٱطْمِسْ عَلَىٰٓ أَمْوَٰلِهِمْ وَٱشْدُدْ عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ فَلَا يُؤْمِنُوا۟ حَتَّىٰ يَرَوُا۟ ٱلْعَذَابَ ٱلْأَلِيمَ ﴿٨٨﴾

88. Futhi uMusa wathi: "Nkosi yethu, impela uphe uFirawuni nezikhulu zakhe ubukhazikhazi nengcebo kulempilo yasemhlabeni, Nkosi yethu ukuze baphambuke endleleni yaKho. Nkosi yethu, bhubhisa ingcebo yabo wenze izinhliziyo zabo zibe lukhuni ukuze bangakholwa kuze kube babona isijeziso esibuhlungu".

قَالَ قَدْ أُجِيبَت دَّعْوَتُكُمَا فَٱسْتَقِيمَا وَلَا تَتَّبِعَآنِّ سَبِيلَ ٱلَّذِينَ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٨٩﴾

89. Wathi [u Allah]: "Umkhuleko wenu uphenduliwe. Ngakhoke zimelelani [okholweni lwenu] futhi ningalandeli indlela yalabo abangazi.

* وَجَٰوَزْنَا بِبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ٱلْبَحْرَ فَأَتْبَعَهُمْ فِرْعَوْنُ وَجُنُودُهُۥ بَغْيًا وَعَدْوًا ۖ حَتَّىٰٓ إِذَآ أَدْرَكَهُ ٱلْغَرَقُ قَالَ ءَامَنتُ أَنَّهُۥ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا ٱلَّذِىٓ ءَامَنَتْ بِهِۦ بَنُوٓا۟ إِسْرَٰٓءِيلَ وَأَنَا۠ مِنَ ٱلْمُسْلِمِينَ ﴿٩٠﴾

90. Sawelisa isizwe sakwa Isirayeli ulwandle; kepha uFirawuni nebutho lakhe babalandela begcwele inzondo nobutha. Kwathi lapho esecwila [emanzini] wathi: "Ngiyakholwa ukuthi akekho ofanele ukukhonzwa ngaphandle kwaloyo isizwe sika Isirayeli esikholelwa kuYe futhi nami ngiyazinikela [ngiba iMusilimu].

ءَآلْـَٰٔنَ وَقَدْ عَصَيْتَ قَبْلُ وَكُنتَ مِنَ ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿٩١﴾

91. Yikhona [ukholwa] manje na? Bheka ngoba phambilini beweyisa futhi ubongomunye ababenza impambuko.

فَٱلْيَوْمَ نُنَجِّيكَ بِبَدَنِكَ لِتَكُونَ لِمَنْ خَلْفَكَ ءَايَةً ۚ وَإِنَّ كَثِيرًا مِّنَ ٱلنَّاسِ عَنْ ءَايَٰتِنَا لَغَٰفِلُونَ ﴿٩٢﴾

92. Ngakhoke namhlanje sizowuhlenga umzimba wakho ukuze ube yisibonelo kulabo abeza emuva kwakho, ngokuba iningi labantu lizishaya indiva izibonakaliso zeThu.

93. Futhi sabeka isizwe sika Isirayeli endaweni enhle impela saphinde sababela isondlo esihlanzekile esimsulwa. Kepha baqala ukuphikisana mhla bethola ulwazi [okwakumele libenze imbumba]. Nebala iNkosi yakho iyokwahlulela phakathi kwabo ngoSuku lokwaHlulela kulokho ababephikisana ngakho.

وَلَقَدْ بَوَّأْنَا بَنِيٓ إِسْرَٰٓءِيلَ مُبَوَّأَ صِدْقٍ وَرَزَقْنَٰهُم مِّنَ ٱلطَّيِّبَٰتِ فَمَا ٱخْتَلَفُوا۟ حَتَّىٰ جَآءَهُمُ ٱلْعِلْمُ ۚ إِنَّ رَبَّكَ يَقْضِى بَيْنَهُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ فِيمَا كَانُوا۟ فِيهِ يَخْتَلِفُونَ ﴿٩٣﴾

94. Uma unokungabaza ngalokho esikwembulele kuwe [Muhamadi], buza labo ababefunda iMibhalo ngaphambi kwakho [amaJuda namaNasarina]. Nebala iqiniso elivela eNkosini yakho leli elifike kuwe, ngakhoke ungabi omunye walabo abanongabazane.

فَإِن كُنتَ فِى شَكٍّ مِّمَّآ أَنزَلْنَآ إِلَيْكَ فَسْـَٔلِ ٱلَّذِينَ يَقْرَءُونَ ٱلْكِتَٰبَ مِن قَبْلِكَ ۚ لَقَدْ جَآءَكَ ٱلْحَقُّ مِن رَّبِّكَ فَلَا تَكُونَنَّ مِنَ ٱلْمُمْتَرِينَ ﴿٩٤﴾

95. Futhi ungabi omunye walabo abaphike izibonakaliso zeThu, funa ube omunye wabalahlekelwayo.

وَلَا تَكُونَنَّ مِنَ ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ فَتَكُونَ مِنَ ٱلْخَٰسِرِينَ ﴿٩٥﴾

96. Impela labo Izwi leNkosi yakho eliwele kubo, abasoze bakholwa.

إِنَّ ٱلَّذِينَ حَقَّتْ عَلَيْهِمْ كَلِمَتُ رَبِّكَ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿٩٦﴾

97. Noma kungafika zonke izibonakaliso kubo [angeke bakholwe], kuze kube bayasibona isijeziso esibuhlungu.

وَلَوْ جَآءَتْهُمْ كُلُّ ءَايَةٍ حَتَّىٰ يَرَوُا۟ ٱلْعَذَابَ ٱلْأَلِيمَ ﴿٩٧﴾

فَلَوْلَا كَانَتْ قَرْيَةٌ ءَامَنَتْ فَنَفَعَهَآ إِيمَٰنُهَآ إِلَّا قَوْمَ يُونُسَ لَمَّآ ءَامَنُوا۟ كَشَفْنَا عَنْهُمْ عَذَابَ ٱلْخِزْىِ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا وَمَتَّعْنَٰهُمْ إِلَىٰ حِينٍ ﴿٩٨﴾

98. Asikho isizwe esakholwa [lapho sibona isijeziso] ukholo lawaso lwasisiza, ngaphandle kwesizwe sika Yunusi. Kwathi lapho bekholwa, sasisusa isijeziso esihlazayo empilweni yasemhlabeni futhi sabapha intokomalo kwaze kwafika isikhathi esibekiwe [sokufa].

وَلَوْ شَآءَ رَبُّكَ لَءَامَنَ مَن فِى ٱلْأَرْضِ كُلُّهُمْ جَمِيعًا ۚ أَفَأَنتَ تُكْرِهُ ٱلنَّاسَ حَتَّىٰ يَكُونُوا۟ مُؤْمِنِينَ ﴿٩٩﴾

99. Uma iNkosi yakho beyithanda, bebezokholwa bonke abasehlabeni ngothi lwabo. Ingabeke wena uzokhona yini ukuphoqa abantu ukuba babe abakholwayo na?

وَمَا كَانَ لِنَفْسٍ أَن تُؤْمِنَ إِلَّا بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۚ وَيَجْعَلُ ٱلرِّجْسَ عَلَى ٱلَّذِينَ لَا يَعْقِلُونَ ﴿١٠٠﴾

100. Akekho umuntu ongakholwa ngaphandle kwemvumo ka Allah, futhi ubekele labo abangenakuqonda isijeziso.

قُلِ ٱنظُرُوا۟ مَاذَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ وَمَا تُغْنِى ٱلْـَٔايَٰتُ وَٱلنُّذُرُ عَن قَوْمٍ لَّا يُؤْمِنُونَ ﴿١٠١﴾

101. Yithi [kulabo abangakholwa]: "Bhekani ukuthi kunani emazulwini nasemhlabeni". Kepha izibonakaliso nezixwayiso azisho lutho kubantu abangakholwa.

فَهَلْ يَنتَظِرُونَ إِلَّا مِثْلَ أَيَّامِ ٱلَّذِينَ خَلَوْا۟ مِن قَبْلِهِمْ ۚ قُلْ فَٱنتَظِرُوٓا۟ إِنِّى مَعَكُم مِّنَ ٱلْمُنتَظِرِينَ ﴿١٠٢﴾

102. Ingabe balindele izinsuku ezifana nalezo ezandlula ngaphambilini na? Yithi: "Lindanike ngokuba nami ngilindile kanye nani".

ثُمَّ نُنَجِّى رُسُلَنَا وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ۚ كَذَٰلِكَ حَقًّا عَلَيْنَا نُنجِ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٠٣﴾

103. Futhi siyobe sesihlenga izithunywa zeThu kanya nalabo abakholwayo, belu kuyisibopho kithi ukuhlenga abakholwayo.

قُلْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ إِن كُنتُمْ فِى شَكٍّ مِّن دِينِى فَلَآ أَعْبُدُ ٱلَّذِينَ تَعْبُدُونَ

104. Yithi: "Sintu, uma ninokwengabaza ngenkolo yami, bhekani ngoba

angisoze ngakukhonza lokhu enikukhonzayo ngaphandle kuka Allah, kepha ngikhonza u Allah lona okunguYena othatha imiphefumulo yenu; futhi ngiyalele ukuba ngibe okholwayo.

مِن دُونِ ٱللَّهِ وَلَٰكِنْ أَعْبُدُ ٱللَّهَ ٱلَّذِى يَتَوَفَّىٰكُمْ ۖ وَأُمِرْتُ أَنْ أَكُونَ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٠٤﴾

105. Futhi uzimelele [Muhamadi] ngozimisela enkolweni emsulwa futhi ungabi omunye walabo ababhanqayo.

وَأَنْ أَقِمْ وَجْهَكَ لِلدِّينِ حَنِيفًا وَلَا تَكُونَنَّ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿١٠٥﴾

106. Futhi ungakhonzi ngaphandle kuka Allah lokho okungeke kwakusiza ngalutho noma kukulimaze. Uma uke wakwenza lokho, impela uyoba omunye wabaphambukile.

وَلَا تَدْعُ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَا لَا يَنفَعُكَ وَلَا يَضُرُّكَ ۖ فَإِن فَعَلْتَ فَإِنَّكَ إِذًا مِّنَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٠٦﴾

107. Uma u Allah ekulethela ubunzima akekho oyobususa ngaphande kwaKhe, futhi uma ekuhlosele okuhle, akekho ongavimba umusa waKhe. Uwunika amthandayo ezigqileni zaKhe, futhi Ungothethelelayo Onesihawu.

وَإِن يَمْسَسْكَ ٱللَّهُ بِضُرٍّ فَلَا كَاشِفَ لَهُۥٓ إِلَّا هُوَ ۖ وَإِن يُرِدْكَ بِخَيْرٍ فَلَا رَآدَّ لِفَضْلِهِۦ ۚ يُصِيبُ بِهِۦ مَن يَشَآءُ مِنْ عِبَادِهِۦ ۚ وَهُوَ ٱلْغَفُورُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٠٧﴾

108. Yithi: "Sintu, nebala lifikile kini iqiniso livela eNkosini yenu. Ngakhoke lowo ozolandela iqiniso uzisiza yena, kanti lowo ophambukayo uzilaya yena, futhi mina angiyena umqhaphi wenu".

قُلْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ قَدْ جَآءَكُمُ ٱلْحَقُّ مِن رَّبِّكُمْ ۖ فَمَنِ ٱهْتَدَىٰ فَإِنَّمَا يَهْتَدِى لِنَفْسِهِۦ ۖ وَمَن ضَلَّ فَإِنَّمَا يَضِلُّ عَلَيْهَا ۖ وَمَآ أَنَا۠ عَلَيْكُم بِوَكِيلٍ ﴿١٠٨﴾

109. Landela lokho okwembulelwe kuwe futhi ubekezele kube kube u Allah uyehlulela, futhi nguYena umehluleli woqobo.

وَٱتَّبِعْ مَا يُوحَىٰٓ إِلَيْكَ وَٱصْبِرْ حَتَّىٰ يَحْكُمَ ٱللَّهُ ۚ وَهُوَ خَيْرُ ٱلْحَٰكِمِينَ ﴿١٠٩﴾

(11) SURA HUDI
UHUDI

سُورَةُ هُودٍ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ali Lam Ra; lena iNcwadi omubiko yayo ihlelwe ngobuchule yaphinda yahlalusiswa ngoKhaliphile Onolwazi.

الٓرۚ كِتَٰبٌ أُحْكِمَتْ ءَايَٰتُهُۥ ثُمَّ فُصِّلَتْ مِن لَّدُنْ حَكِيمٍ خَبِيرٍ ﴿١﴾

2. Ukuze ningakhonzi lutho ngaphandle kuka Allah. Nebala nima ngivela kuYe [u Allah] ngingumexwayisi nomethuli wezindaba ezinhle kini.

أَلَّا تَعْبُدُوٓاْ إِلَّا ٱللَّهَۚ إِنَّنِى لَكُم مِّنْهُ نَذِيرٌ وَبَشِيرٌ ﴿٢﴾

3. Futhi celani intethelelo eNkosini yenu niphinde nizisole kuYo, ngokuba iyonithokozisa ngokuhle kuze kufike isikhathi esibekiwe futhi uyonika bonke labo abafanelwe umvuzo wabo. Kepha uma ninganendaba, impela nginisabela isijeziso ngoSuku oLukhulu.

وَأَنِ ٱسْتَغْفِرُواْ رَبَّكُمْ ثُمَّ تُوبُوٓاْ إِلَيْهِ يُمَتِّعْكُم مَّتَٰعًا حَسَنًا إِلَىٰٓ أَجَلٍ مُّسَمًّى وَيُؤْتِ كُلَّ ذِى فَضْلٍ فَضْلَهُۥۖ وَإِن تَوَلَّوْاْ فَإِنِّىٓ أَخَافُ عَلَيْكُمْ عَذَابَ يَوْمٍ كَبِيرٍ ﴿٣﴾

4. Niyobuyela ku Allah futhi Yena akehlulwa yilutho.

إِلَى ٱللَّهِ مَرْجِعُكُمْۖ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٤﴾

5. Bheka ngoba bagebisa amakhanda ukuze bamcashele [u Allah]; kepha nakuba bezimboza

أَلَآ إِنَّهُمْ يَثْنُونَ صُدُورَهُمْ لِيَسْتَخْفُواْ مِنْهُۚ أَلَا حِينَ يَسْتَغْشُونَ ثِيَابَهُمْ

ngezembatho zabo [u Allah] uyakwazi lokho abakufihlayo nalokho abakubeke obala, ngokuba impela uNgokwazi konke okusezinhlizweni.

يَعْلَمُ مَا يُسِرُّونَ وَمَا يُعْلِنُونَ ۚ إِنَّهُۥ عَلِيمٌۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿٥﴾

6. Yonke indalo esemhlabeni yondliwa ngu Allah futhi nguYena owazi lapho ihlala khona nalapho eyophelela khona, konke lokho kulotshiwe eNcwadini Ecacile [Oqwembeni Olulondoziwe].

* وَمَا مِن دَآبَّةٍ فِى ٱلْأَرْضِ إِلَّا عَلَى ٱللَّهِ رِزْقُهَا وَيَعْلَمُ مُسْتَقَرَّهَا وَمُسْتَوْدَعَهَا ۚ كُلٌّ فِى كِتَٰبٍ مُّبِينٍ ﴿٦﴾

7. Futhi nguYena odale amazulu nomhlaba ezinsukwini eziyisithupha, futhi kadeni Isihlalo saKhe sasiphezu kwamanzi, ukuze phela aninivivinye ukuthi ngubani kini oyokwenza okufanele. Futhi uma [wena Muhamadi] uthi: "Impela nizovuswa emveni kokufa". Laba abangakholwa nakanjani bayothi: "Nebala, lokhu ilumbo uqobo".

وَهُوَ ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ فِى سِتَّةِ أَيَّامٍ وَكَانَ عَرْشُهُۥ عَلَى ٱلْمَآءِ لِيَبْلُوَكُمْ أَيُّكُمْ أَحْسَنُ عَمَلًا ۗ وَلَئِن قُلْتَ إِنَّكُم مَّبْعُوثُونَ مِنۢ بَعْدِ ٱلْمَوْتِ لَيَقُولَنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ إِنْ هَٰذَآ إِلَّا سِحْرٌ مُّبِينٌ ﴿٧﴾

8. Kanti futhi uma silibazisa isijeziso sabo okwesikhashana, bayothi [laba abangakholwa]: "Sibanjwe yini na?". Bheka ngoba mhla sifika kubo asisoze sasuswa kubo, belu lokhu ababehlekisa ngakho kuyobahaqa.

وَلَئِنْ أَخَّرْنَا عَنْهُمُ ٱلْعَذَابَ إِلَىٰٓ أُمَّةٍ مَّعْدُودَةٍ لَّيَقُولُنَّ مَا يَحْبِسُهُۥٓ ۗ أَلَا يَوْمَ يَأْتِيهِمْ لَيْسَ مَصْرُوفًا عَنْهُمْ وَحَاقَ بِهِم مَّا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٨﴾

9. Futhi uma sizwisa umuntu izibusiso ezivela kithi bese simuhlwitha zona; impela uvele alahle ithemba angabongi.

وَلَئِنْ أَذَقْنَا ٱلْإِنسَٰنَ مِنَّا رَحْمَةً ثُمَّ نَزَعْنَٰهَا مِنْهُ إِنَّهُۥ لَيَـُٔوسٌ كَفُورٌ ﴿٩﴾

وَلَئِنۡ أَذَقۡنَٰهُ نَعۡمَآءَ بَعۡدَ ضَرَّآءَ مَسَّتۡهُ لَيَقُولَنَّ ذَهَبَ ٱلسَّيِّـَٔاتُ عَنِّيٓۚ إِنَّهُۥ لَفَرِحٞ فَخُورٌ ١٠

10. Kepha uma simuzwisa ubumnandi emuva kobunzima obumehlele, uvele athi: "imishophi ayisekho kimi". Impela uyatshakada azigqaje.

إِلَّا ٱلَّذِينَ صَبَرُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ أُوْلَٰٓئِكَ لَهُم مَّغۡفِرَةٞ وَأَجۡرٞ كَبِيرٞ ١١

11. Ngale kwalabo ababekezelayo bazimelele futhi banze okuhle; yibo kanye labo abayothola intethelelo nomvuzo omkhulu.

فَلَعَلَّكَ تَارِكُۢ بَعۡضَ مَا يُوحَىٰٓ إِلَيۡكَ وَضَآئِقُۢ بِهِۦ صَدۡرُكَ أَن يَقُولُواْ لَوۡلَآ أُنزِلَ عَلَيۡهِ كَنزٌ أَوۡ جَآءَ مَعَهُۥ مَلَكٌۚ إِنَّمَآ أَنتَ نَذِيرٞۚ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٖ وَكِيلٌ ١٢

12. Hleze ufuna ukushiya okunye kwalokho okwembulelwe kuwe noma kukuphatha kabi ukuthi bathi: "Kungani engehliselwanga umcebo noma ke aphelekezelwe ingelosi". Wena [Muhamadi] ungumexwayisi nje kuphela, futhi u Allah owengamele zonke izinto.

أَمۡ يَقُولُونَ ٱفۡتَرَىٰهُۖ قُلۡ فَأۡتُواْ بِعَشۡرِ سُوَرٖ مِّثۡلِهِۦ مُفۡتَرَيَٰتٖ وَٱدۡعُواْ مَنِ ٱسۡتَطَعۡتُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ إِن كُنتُمۡ صَٰدِقِينَ ١٣

13. Noma kokunye bathi: "Uziqambele yona [iKurani]". Yithi: "Khiqizani izehluko eziyishumi ezifana nayo [iKurani]eziqanjiwe futhi nimeme nalabo enikhona ukubamema [ukuba banilekelele] ngaphandle kuka Allah, uma ngempela nineqiniso".

فَإِلَّمۡ يَسۡتَجِيبُواْ لَكُمۡ فَٱعۡلَمُوٓاْ أَنَّمَآ أُنزِلَ بِعِلۡمِ ٱللَّهِ وَأَن لَّآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَۖ فَهَلۡ أَنتُم مُّسۡلِمُونَ ١٤

14. Uma behluleka ukuniphendela [ngalenselelo], yazinike ukuthi [le Kurani] yembulelwe iqukethe ulwazi luka Allah nokuthi akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwaKhe, yibanike amaMusilimu.

15. Lowo ofuna impilo yomhlaba nobukhazikhazi bayo, siyobakhokela imivuzo yemisebenzi yabo kuyo [impilo yomhlaba] futhi abasoze baqilwa lutho kuyo.

مَن كَانَ يُرِيدُ ٱلْحَيَوٰةَ ٱلدُّنْيَا وَزِينَتَهَا نُوَفِّ إِلَيْهِمْ أَعْمَٰلَهُمْ فِيهَا وَهُمْ فِيهَا لَا يُبْخَسُونَ ﴿١٥﴾

16. Yibo kanye labo abangenalutho kwelizayo ngaphandle koMlilo. Futhi konke [okuhle] abakwenzile [emhlabeni] kuyoshabalala kanti nemisebenzi yabo abayenzile iyobayize.

أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ لَيْسَ لَهُمْ فِى ٱلْـَٔاخِرَةِ إِلَّا ٱلنَّارُ ۖ وَحَبِطَ مَا صَنَعُوا۟ فِيهَا وَبَٰطِلٌ مَّا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٦﴾

17. Lowo onobufakazi obuvela eNkosini yakhe futhi bulandelwe ufakazi ovela kuYo kanti naphambilini [yafakaza] iNcwadi ka Musa eyabe ingumhlahlandlela nomusa. Laboke yibona abakholela kuyo [iKurani], kanti lowo ongakholelwa kuyo kulabo abezinye izinkolo, uyophelela eMlilweni. Ngakho-ke [Muhamadi] ungayingabazi ngokuba iyiqiniso elivela eNkosini yakho, kepha iningi labantu abakholwa.

أَفَمَن كَانَ عَلَىٰ بَيِّنَةٍ مِّن رَّبِّهِۦ وَيَتْلُوهُ شَاهِدٌ مِّنْهُ وَمِن قَبْلِهِۦ كِتَٰبُ مُوسَىٰٓ إِمَامًا وَرَحْمَةً ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ يُؤْمِنُونَ بِهِۦ ۚ وَمَن يَكْفُرْ بِهِۦ مِنَ ٱلْأَحْزَابِ فَٱلنَّارُ مَوْعِدُهُۥ ۚ فَلَا تَكُ فِى مِرْيَةٍ مِّنْهُ ۚ إِنَّهُ ٱلْحَقُّ مِن رَّبِّكَ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿١٧﴾

18. Ingabe ukhona yini ophambuke ukudlula lowo oqambela u Allah amanga na? Labo bayokwethulwa eNkosini yabo futhi ofakazi bayothi: "Yibo kanye laba abaqambele iNkosi yabo amanga". Bheka ngoba isiqalekiso sika Allah sikulabo abaphambukile.

وَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّنِ ٱفْتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ يُعْرَضُونَ عَلَىٰ رَبِّهِمْ وَيَقُولُ ٱلْأَشْهَٰدُ هَٰٓؤُلَآءِ ٱلَّذِينَ كَذَبُوا۟ عَلَىٰ رَبِّهِمْ ۚ أَلَا لَعْنَةُ ٱللَّهِ عَلَى ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٨﴾

19. Labo abayizihibe endleleni ka Allah futhi bafuna ukuyigwembisa benjalo nje abakholelwa kwelizayo.

ٱلَّذِينَ يَصُدُّونَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ وَيَبْغُونَهَا عِوَجًا وَهُم بِٱلْءَاخِرَةِ هُمْ كَٰفِرُونَ ﴿١٩﴾

20. Laboke abasoze baphunyuka lapha emhlabeni futhi abekho abayoba abahlengi babo ngaphandle kuka Allah. Isijeziso sabo siyophindaphindwa. Ngokuba behluleka ukulalela futhi babengaboni.

أُو۟لَٰٓئِكَ لَمْ يَكُونُوا۟ مُعْجِزِينَ فِى ٱلْأَرْضِ وَمَا كَانَ لَهُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ مِنْ أَوْلِيَآءَ ۘ يُضَٰعَفُ لَهُمُ ٱلْعَذَابُ ۚ مَا كَانُوا۟ يَسْتَطِيعُونَ ٱلسَّمْعَ وَمَا كَانُوا۟ يُبْصِرُونَ ﴿٢٠﴾

21. Yibona kanye labo abazilahlekisele baphinde balahlekelwa yilokhu ababekuqambile ngamanga.

أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ خَسِرُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ وَضَلَّ عَنْهُم مَّا كَانُوا۟ يَفْتَرُونَ ﴿٢١﴾

22. Akunakungabaza ukuthi nakanjani kwelizayo bayoba ngabalahlekelwe kakhulu.

لَا جَرَمَ أَنَّهُمْ فِى ٱلْءَاخِرَةِ هُمُ ٱلْأَخْسَرُونَ ﴿٢٢﴾

23. Nebala labo abakholwayo babuye benze okuhle futhi abazinikelayo eNkosini yabo; yibona kanye abayongena eJana bahlale kuyo unaphakade.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ وَأَخْبَتُوٓا۟ إِلَىٰ رَبِّهِمْ أُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلْجَنَّةِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٢٣﴾

24. Umzekelo walezinhlangothi ezimbili [abakholwayo nabangakholwa], bafana nempumputhe eyisithuli [eqhathaniswa] nalowo obonayo ozwayo. Ingabe bayafana na? Ngakhoke lalelani.

۞ مَثَلُ ٱلْفَرِيقَيْنِ كَٱلْأَعْمَىٰ وَٱلْأَصَمِّ وَٱلْبَصِيرِ وَٱلسَّمِيعِ ۚ هَلْ يَسْتَوِيَانِ مَثَلًا ۚ أَفَلَا تَذَكَّرُونَ ﴿٢٤﴾

25. Impela samthumela uNuhu esizweni sakhe [wathi]: "Nebala ngingumxwayisi ocacisayo kini".

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا نُوحًا إِلَىٰ قَوْمِهِۦٓ إِنِّى لَكُمْ نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿٢٥﴾

أَن لَّا تَعۡبُدُوٓاْ إِلَّا ٱللَّهَۖ إِنِّيٓ أَخَافُ عَلَيۡكُمۡ عَذَابَ يَوۡمٍ أَلِيمٖ ٢٦

26. "Ningakhonzi lutho ngaphandle kuka Allah. Ngokuba ngempela nginisabela isijeziso soSuku ulobuhlungu".

فَقَالَ ٱلۡمَلَؤُاْ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ مِن قَوۡمِهِۦ مَا نَرَىٰكَ إِلَّا بَشَرٗا مِّثۡلَنَا وَمَا نَرَىٰكَ ٱتَّبَعَكَ إِلَّا ٱلَّذِينَ هُمۡ أَرَاذِلُنَا بَادِيَ ٱلرَّأۡيِۖ وَمَا نَرَىٰ لَكُمۡ عَلَيۡنَا مِن فَضۡلِۭ بَلۡ نَظُنُّكُمۡ كَٰذِبِينَ ٢٧

27. Kepha izikhulu, lezi ezingakholwa esizweni sakhe zathi: "Sikubona nje ungumuntu ofana nathi futhi sikubona ulandelwa yilabo abayibotho kithi abayiziphukuphuku. Futhi asiboni ningcono kunathi kunalokho sicabanga ukuthi ningabaqambi manga.

قَالَ يَٰقَوۡمِ أَرَءَيۡتُمۡ إِن كُنتُ عَلَىٰ بَيِّنَةٖ مِّن رَّبِّي وَءَاتَىٰنِي رَحۡمَةٗ مِّنۡ عِندِهِۦ فَعُمِّيَتۡ عَلَيۡكُمۡ أَنُلۡزِمُكُمُوهَا وَأَنتُمۡ لَهَا كَٰرِهُونَ ٢٨

28. Wathi [uNuhu]: "Bakwethu, bhekani, uma nginobufakazi obuvela eNkosini yami yaphinde yangipha umusa ovela kuyo, kepha nina ningaboni, singakhona yini ukuphoqa ngenkani uma nina ningafuni na?

وَيَٰقَوۡمِ لَآ أَسۡـَٔلُكُمۡ عَلَيۡهِ مَالًاۖ إِنۡ أَجۡرِيَ إِلَّا عَلَى ٱللَّهِۖ وَمَآ أَنَا۠ بِطَارِدِ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْۚ إِنَّهُم مُّلَٰقُواْ رَبِّهِمۡ وَلَٰكِنِّيٓ أَرَىٰكُمۡ قَوۡمٗا تَجۡهَلُونَ ٢٩

29. Bakwethu, angifuni mcebo kini, umvuzo wami uku Allah kuphela. Futhi angeke ngabaxosha labo abakholwayo ngokuba bayohlangana neNkosi yabo, kepha nginibona ningabantu abayiziwula.

وَيَٰقَوۡمِ مَن يَنصُرُنِي مِنَ ٱللَّهِ إِن طَرَدتُّهُمۡۚ أَفَلَا تَذَكَّرُونَ ٣٠

30. Bakwethu, ubani oyongisiza ku Allah uma ngibaxosha na? Ngakhoke qondisisani.

وَلَآ أَقُولُ لَكُمۡ عِندِي خَزَآئِنُ ٱللَّهِ وَلَآ أَعۡلَمُ ٱلۡغَيۡبَ وَلَآ أَقُولُ إِنِّي مَلَكٞ وَلَآ أَقُولُ لِلَّذِينَ تَزۡدَرِيٓ أَعۡيُنُكُمۡ

31. Futhi angisho kini ukuthi nginemicebo ka Allah noma ngazi lokhu okungabonwayo, futhi angisho ukuthi ngiyingelosi. Futhi

kulabo amehlo enu ababukela phansi angisho ukuthi u Allah akasoze abanika lutho oluhle, ngokuba ngu Allah owazi kahle lokho okungaphakathi kubo. Funa ngibe omunye wabaphambukile.

لَن يُؤْتِيَهُمُ ٱللَّهُ خَيْرًا ۖ ٱللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا فِىٓ أَنفُسِهِمْ ۖ إِنِّىٓ إِذًا لَّمِنَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٣١﴾

32. Bathi: "We Nuhu, usuqophisane nathi kwanela, ngakho-ke letha lokho obulokhu usixwayisa ngakho uma ngempela ungoneqiniso.

قَالُوا۟ يَٰنُوحُ قَدْ جَٰدَلْتَنَا فَأَكْثَرْتَ جِدَالَنَا فَأْتِنَا بِمَا تَعِدُنَآ إِن كُنتَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿٣٢﴾

33. Wathi [uNuhu]: "u Allah kuphela oyokuletha uma ethanda futhi angeke naphunyuka nhlobo".

قَالَ إِنَّمَا يَأْتِيكُم بِهِ ٱللَّهُ إِن شَآءَ وَمَآ أَنتُم بِمُعْجِزِينَ ﴿٣٣﴾

34. Uma u Allah efuna ukunidukisa, izeluleko zami aziyikunisiza ngalutho noma ngingazama ukuneluleka. Belu uyiNkosi yenu futhi niyobuyela kuYe.

وَلَا يَنفَعُكُمْ نُصْحِىٓ إِنْ أَرَدتُّ أَنْ أَنصَحَ لَكُمْ إِن كَانَ ٱللَّهُ يُرِيدُ أَن يُغْوِيَكُمْ ۚ هُوَ رَبُّكُمْ وَإِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٣٤﴾

35. Ingabe bathi uziqambele yona [iKurani] na? Yithi: "Uma ngiziqambele yona, icala lami liyothwala yimina futhi ngimsulwa kumacala nina eniwenzile.

أَمْ يَقُولُونَ ٱفْتَرَىٰهُ ۖ قُلْ إِنِ ٱفْتَرَيْتُهُۥ فَعَلَىَّ إِجْرَامِى وَأَنَا۠ بَرِىٓءٌ مِّمَّا تُجْرِمُونَ ﴿٣٥﴾

36. Futhi kwembulelwe kuNuhu ukuthi: "Akekho osoyokholwa esizweni sakho ngale kwalabo abevele sebekholwa, ngakho-ke ungazikhathazi ngalokho abakwenzayo".

وَأُوحِىَ إِلَىٰ نُوحٍ أَنَّهُۥ لَن يُؤْمِنَ مِن قَوْمِكَ إِلَّا مَن قَدْ ءَامَنَ فَلَا تَبْتَئِسْ بِمَا كَانُوا۟ يَفْعَلُونَ ﴿٣٦﴾

37. Yakha umkhumbi sikubhekile futhi sizokwembulela. Futhi ungangikhulumisi mayelana nalabo abaphambukile ngokuba impela bayominziswa.

وَٱصْنَعِ ٱلْفُلْكَ بِأَعْيُنِنَا وَوَحْيِنَا وَلَا تُخَٰطِبْنِى فِى ٱلَّذِينَ ظَلَمُوٓا۟ ۖ إِنَّهُم مُّغْرَقُونَ ﴿٣٧﴾

38. Wabe esewakha umkhumbi, futhi kwakuthi lapho izikhulu esizweni sakhe sindlula ngakuye zivane zihlekise ngaye. Wathi "Nihlekisa ngathi nje, nathi sizohlekisa ngani njengoba nihlekisa ngathi".

وَيَصْنَعُ ٱلْفُلْكَ وَكُلَّمَا مَرَّ عَلَيْهِ مَلَأٌ مِّن قَوْمِهِۦ سَخِرُوا۟ مِنْهُ ۚ قَالَ إِن تَسْخَرُوا۟ مِنَّا فَإِنَّا نَسْخَرُ مِنكُمْ كَمَا تَسْخَرُونَ ﴿٣٨﴾

39. Maduze nje, bazokwazi ukuthi ubani oyothola isijeziso esizonhlaza aphinde ehlelwe isijeziso esingunaphakade.

فَسَوْفَ تَعْلَمُونَ مَن يَأْتِيهِ عَذَابٌ يُخْزِيهِ وَيَحِلُّ عَلَيْهِ عَذَابٌ مُّقِيمٌ ﴿٣٩﴾

40. Kwathi lapho sekufike umyalelo weThu, kwagobhoza amanzi eziko, Sathi [kuNuhu]: "Gibeza kuwo [umkhumbi] kuzo zonke izinhlobo [zezilwane] iduna nensikazi, nomndeni wakho – ngaphandle kwalowo osenqunyelwe – kanye nalabo abakholwayo. Belu kwakuquqaba nje olwalukholwa kanye naye [uNuhu].

حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءَ أَمْرُنَا وَفَارَ ٱلتَّنُّورُ قُلْنَا ٱحْمِلْ فِيهَا مِن كُلٍّ زَوْجَيْنِ ٱثْنَيْنِ وَأَهْلَكَ إِلَّا مَن سَبَقَ عَلَيْهِ ٱلْقَوْلُ وَمَنْ ءَامَنَ ۚ وَمَآ ءَامَنَ مَعَهُۥٓ إِلَّا قَلِيلٌ ﴿٤٠﴾

41. Wabe esethi [uNuhu]: "Gibelani kuwo [emkhunjini] egameni lika Allah lapho uhamba nalapho uma. Nebala iNkosi yami iNgothethelayo Onesihawu.

* وَقَالَ ٱرْكَبُوا۟ فِيهَا بِسْمِ ٱللَّهِ مَجْرٖىٰهَا وَمُرْسَىٰهَآ ۚ إِنَّ رَبِّى لَغَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٤١﴾

42. Wahamba [umkhumbi] nabo emagagasini angangezintaba, uNuhu wamemeza indodana yakhe eyayikade ime yodwa [wathi]: "Ndodana, gibela kanye nathi ungabi nabangakholwa".

وَهِىَ تَجْرِى بِهِمْ فِى مَوْجٍ كَٱلْجِبَالِ وَنَادَىٰ نُوحٌ ٱبْنَهُۥ وَكَانَ فِى مَعْزِلٍ يَٰبُنَىَّ ٱرْكَب مَّعَنَا وَلَا تَكُن مَّعَ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٤٢﴾

قَالَ سَـَٔاوِيٓ إِلَىٰ جَبَلٍ يَعۡصِمُنِي مِنَ ٱلۡمَآءِۚ قَالَ لَا عَاصِمَ ٱلۡيَوۡمَ مِنۡ أَمۡرِ ٱللَّهِ إِلَّا مَن رَّحِمَۚ وَحَالَ بَيۡنَهُمَا ٱلۡمَوۡجُ فَكَانَ مِنَ ٱلۡمُغۡرَقِينَ ﴿٤٣﴾

43. Yathi: "Ngizokhosela entabeni ezongivikela emanzini". Wathi [uNuhu]: "Namhlanje akekho umvikeli emyalelweni ka Allah ngaphandleke kwaloyo amenzele umusa". Igagasi labe selingena phakathi kwabo, waba omunye abacwilile.

وَقِيلَ يَٰٓأَرۡضُ ٱبۡلَعِي مَآءَكِ وَيَٰسَمَآءُ أَقۡلِعِي وَغِيضَ ٱلۡمَآءُ وَقُضِيَ ٱلۡأَمۡرُ وَٱسۡتَوَتۡ عَلَى ٱلۡجُودِيِّۖ وَقِيلَ بُعۡدٗا لِّلۡقَوۡمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٤٤﴾

44. Kwase kuthiwa: "Mhlaba gwinya amanzi akho nawe sibhakabhaka wagodle", amanzi abe eseyancipha wafezeka umyalelo, [umkhumbi wona] waqongela entabeni iJudi. Kwase kuthiwa: "Mababhubhe abantu abaphambukayo".

وَنَادَىٰ نُوحٞ رَّبَّهُۥ فَقَالَ رَبِّ إِنَّ ٱبۡنِي مِنۡ أَهۡلِي وَإِنَّ وَعۡدَكَ ٱلۡحَقُّ وَأَنتَ أَحۡكَمُ ٱلۡحَٰكِمِينَ ﴿٤٥﴾

45. UNuhu wabe esekhuleka eNkosini yakhe, wathi: "Nkosi yami, indodana yami iyingxenye yomndeni wami, kanti isithembiso sakho siyiqiniso futhi Wena unguMehluleli oyingweti.

قَالَ يَٰنُوحُ إِنَّهُۥ لَيۡسَ مِنۡ أَهۡلِكَۖ إِنَّهُۥ عَمَلٌ غَيۡرُ صَٰلِحٖۖ فَلَا تَسۡـَٔلۡنِ مَا لَيۡسَ لَكَ بِهِۦ عِلۡمٌۖ إِنِّيٓ أَعِظُكَ أَن تَكُونَ مِنَ ٱلۡجَٰهِلِينَ ﴿٤٦﴾

46. Wathi [u Allah]: "We Nuhu, akayona ingxenye yomndeni wakho ngokuba izenzo zakhe azilungile. Ngakho-ke ungaphinde ungicele lokho ongenalwazi ngakho, impela ngiyakuxwayisa funa ube omunye weziwula.

قَالَ رَبِّ إِنِّيٓ أَعُوذُ بِكَ أَنۡ أَسۡـَٔلَكَ مَا لَيۡسَ لِي بِهِۦ عِلۡمٞۖ وَإِلَّا تَغۡفِرۡ لِي وَتَرۡحَمۡنِيٓ أَكُن مِّنَ ٱلۡخَٰسِرِينَ ﴿٤٧﴾

47. Wathi [uNuhu]:"Nkosi yami ngizivikela ngawe ekutheni ngikucele lokho engingenalwazi ngakho. Uma ungangithetheleli futhi ube nomusa kimi ngiyokuba omunye wabalahlekelwe.

48. Kwathiwa: "Nuhu yehlwa ngokuthula okuvela kithi kanye nezibusiso kuwe nezizwe ezikanye nawe. Kanti futhi ezinye izizwe sizozijabulisa okwesikhashana bese befumana isijeziso esibuhlungu esivela kithi".

قِيلَ يَٰنُوحُ ٱهۡبِطۡ بِسَلَٰمٖ مِّنَّا وَبَرَكَٰتٍ عَلَيۡكَ وَعَلَىٰٓ أُمَمٖ مِّمَّن مَّعَكَۚ وَأُمَمٞ سَنُمَتِّعُهُمۡ ثُمَّ يَمَسُّهُم مِّنَّا عَذَابٌ أَلِيمٞ ٤٨

49. Lezo izindaba obungazazi esizambulele kuwe. Ubangazazi wena nesizwe sakho ngaphambi kwalokhu. Ngakho-ke bekezela, nebala kuyogcina labo abathobela intando ka Allah.

تِلۡكَ مِنۡ أَنۢبَآءِ ٱلۡغَيۡبِ نُوحِيهَآ إِلَيۡكَۖ مَا كُنتَ تَعۡلَمُهَآ أَنتَ وَلَا قَوۡمُكَ مِن قَبۡلِ هَٰذَاۖ فَٱصۡبِرۡۖ إِنَّ ٱلۡعَٰقِبَةَ لِلۡمُتَّقِينَ ٤٩

50. Nasesizweni sakwa Adi [Sathumela] umfowabo uHudi, wathi: "Bantu bakithi, khonzani u Allah ngokuba akekho omunye okufanele nimkhonze ngaphandle kwaKhe, empeleni niqamba amanga".

وَإِلَىٰ عَادٍ أَخَاهُمۡ هُودٗاۚ قَالَ يَٰقَوۡمِ ٱعۡبُدُواْ ٱللَّهَ مَا لَكُم مِّنۡ إِلَٰهٍ غَيۡرُهُۥٓۖ إِنۡ أَنتُمۡ إِلَّا مُفۡتَرُونَ ٥٠

51. Bantu bakithi, angifuni mvuzo ngalokhu, ngokuba umvuzo wami ukuLowo ongidalile, ingabe aniqondi na?

يَٰقَوۡمِ لَآ أَسۡـَٔلُكُمۡ عَلَيۡهِ أَجۡرًاۖ إِنۡ أَجۡرِيَ إِلَّا عَلَى ٱلَّذِي فَطَرَنِيٓۚ أَفَلَا تَعۡقِلُونَ ٥١

52. Bantu bakithi, celani intethelelo eNkosini yenu bese nizisola kuYo. Iyobe isinehlisela imvula eyinala futhi inandisele amandla enu kulawo eninawo, futhi ningakushayi indiva [lokhu engikushoyo] nibe izigilamkhuba.

وَيَٰقَوۡمِ ٱسۡتَغۡفِرُواْ رَبَّكُمۡ ثُمَّ تُوبُوٓاْ إِلَيۡهِ يُرۡسِلِ ٱلسَّمَآءَ عَلَيۡكُم مِّدۡرَارٗا وَيَزِدۡكُمۡ قُوَّةً إِلَىٰ قُوَّتِكُمۡ وَلَا تَتَوَلَّوۡاْ مُجۡرِمِينَ ٥٢

53. Bathi: "We Hudi, awusilethelanga bufakazi futhi ngeke sayeka izikhonzwa zethu ngento eshiwo nguwe sinjalo nje asikukholwa".

قَالُواْ يَٰهُودُ مَا جِئۡتَنَا بِبَيِّنَةٖ وَمَا نَحۡنُ بِتَارِكِيٓ ءَالِهَتِنَا عَن قَوۡلِكَ وَمَا نَحۡنُ لَكَ بِمُؤۡمِنِينَ ٥٣

54. Esikushoyo nje ukuthi ezinye zezikhonzwa zethu zikuphambanise ikhanda. Wathi [uHudi]: "U Allah ungufakazi nani futhi ningofakazi ukuthi mina angihlangene nalokho enikubhanqayo...;

إِن نَّقُولُ إِلَّا ٱعۡتَرَىٰكَ بَعۡضُ ءَالِهَتِنَا بِسُوٓءٖۗ قَالَ إِنِّيٓ أُشۡهِدُ ٱللَّهَ وَٱشۡهَدُوٓاْ أَنِّي بَرِيٓءٞ مِّمَّا تُشۡرِكُونَ ٥٤

55. Ngaphandle kwaKhe. Ngakhoke ngakheleni nonke uzungu futhi ningangiphi intuba.

مِن دُونِهِۦۖ فَكِيدُونِي جَمِيعٗا ثُمَّ لَا تُنظِرُونِ ٥٥

56. Impela mina ngithembeleku Allah iNkosi yami nani. Phela akukho sidalwa esingalawulwa nguYe. Nebala iNkosi yami isendleleni eqondile.

إِنِّي تَوَكَّلۡتُ عَلَى ٱللَّهِ رَبِّي وَرَبِّكُمۡۚ مَّا مِن دَآبَّةٍ إِلَّا هُوَ ءَاخِذُۢ بِنَاصِيَتِهَآۚ إِنَّ رَبِّي عَلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٖ ٥٦

57. Kepha uma nikushaya indiva, mina sengikwendlulisele kini lokho ebengithunywe nakhokini. Futhi iNkosi yami ingababeka abanye emuva kwenu futhi ningasoze nayilimaza ngalutho, impela iNkosi yami iyiqhaphe yonke into.

فَإِن تَوَلَّوۡاْ فَقَدۡ أَبۡلَغۡتُكُم مَّآ أُرۡسِلۡتُ بِهِۦٓ إِلَيۡكُمۡۚ وَيَسۡتَخۡلِفُ رَبِّي قَوۡمًا غَيۡرَكُمۡ وَلَا تَضُرُّونَهُۥ شَيۡـٔٗاۚ إِنَّ رَبِّي عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٍ حَفِيظٞ ٥٧

58. Kwathi lapho umyalelo weThu [wembubhiso]usufika, sahlenga uHudi nalabo ayekholwa nabo ngomusa weThu futhi sabahlenga nasesijezisweni esinzima.

وَلَمَّا جَآءَ أَمۡرُنَا نَجَّيۡنَا هُودٗا وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مَعَهُۥ بِرَحۡمَةٖ مِّنَّا وَنَجَّيۡنَٰهُم مِّنۡ عَذَابٍ غَلِيظٖ ٥٨

59. Yisonake leso isizwe sika Adi; saphika izibonakaliso zeNkosi yabo saphinde sangalalela izithunywa zayo salandela umyalelo wawowonke undlovu kayiphikiswa isaliwa kutshelwa.

وَتِلْكَ عَادٌ جَحَدُوا۟ بِـَٔايَـٰتِ رَبِّهِمْ وَعَصَوْا۟ رُسُلَهُۥ وَٱتَّبَعُوٓا۟ أَمْرَ كُلِّ جَبَّارٍ عَنِيدٍ ﴿٥٩﴾

60. Balandelwa ngesiqalekiso kulomhlaba kanye nakwelizayo. Impela isizwe sakwa Adi abakholwanga eNkosini yabo. Makabhubhe-ke uAdi isizwe sikaHudi.

وَأُتْبِعُوا۟ فِى هَـٰذِهِ ٱلدُّنْيَا لَعْنَةً وَيَوْمَ ٱلْقِيَـٰمَةِ ۗ أَلَآ إِنَّ عَادًا كَفَرُوا۟ رَبَّهُمْ ۗ أَلَا بُعْدًا لِّعَادٍ قَوْمِ هُودٍ ﴿٦٠﴾

61. Futhi sathumela esizweni sakwaTamudi umfowabo uSwalihi, wathi: "Bantu bakithi khonzani u Allah [kuphela] ngokuba akekho omunye okumele nimukhonze ngaphandle kwaKhe. Nguyena belu owanidala ngomhlaba wase enibeka ukuba nihlale kuwo, ngakhoke mceleni intethelelo nizisole kuYe, nebala iNkosi yami Iseduze Iyaphendula [imikhuleko].

* وَإِلَىٰ ثَمُودَ أَخَاهُمْ صَـٰلِحًا ۚ قَالَ يَـٰقَوْمِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ مَا لَكُم مِّنْ إِلَـٰهٍ غَيْرُهُۥ ۖ هُوَ أَنشَأَكُم مِّنَ ٱلْأَرْضِ وَٱسْتَعْمَرَكُمْ فِيهَا فَٱسْتَغْفِرُوهُ ثُمَّ تُوبُوٓا۟ إِلَيْهِ ۚ إِنَّ رَبِّى قَرِيبٌ مُّجِيبٌ ﴿٦١﴾

62. Bathi: "We Salihi, impela besinethemba [lobuholi] ngawe ngaphambi kwalokhu; usinqabela ukuba sikhonze lokho obekukhonzwa okhokho bethu na? Impela sinongabazane ngalokhu osimemela kukho, asithembi.

قَالُوا۟ يَـٰصَـٰلِحُ قَدْ كُنتَ فِينَا مَرْجُوًّا قَبْلَ هَـٰذَآ ۖ أَتَنْهَىٰنَآ أَن نَّعْبُدَ مَا يَعْبُدُ ءَابَآؤُنَا وَإِنَّنَا لَفِى شَكٍّ مِّمَّا تَدْعُونَآ إِلَيْهِ مُرِيبٍ ﴿٦٢﴾

قَالَ يَٰقَوۡمِ أَرَءَيۡتُمۡ إِن كُنتُ عَلَىٰ بَيِّنَةٖ
مِّن رَّبِّي وَءَاتَىٰنِي مِنۡهُ رَحۡمَةٗ فَمَن
يَنصُرُنِي مِنَ ٱللَّهِ إِنۡ عَصَيۡتُهُۥۖ فَمَا
تَزِيدُونَنِي غَيۡرَ تَخۡسِيرٖ ٦٣

63. Wathi [uSwalihi]: "Bantu bakithi, ake nibhekisise, uma nginobufakazi obuvela eNkosini yami futhi yangipha nomusa ovela kuYo, ngubanike oyongisiza ku Allah uma ngephula umyalelo waKhe na? Niyovele ningandisele ukulahlekelwa".

وَيَٰقَوۡمِ هَٰذِهِۦ نَاقَةُ ٱللَّهِ لَكُمۡ ءَايَةٗۖ
فَذَرُوهَا تَأۡكُلۡ فِيٓ أَرۡضِ ٱللَّهِۖ وَلَا
تَمَسُّوهَا بِسُوٓءٖ فَيَأۡخُذَكُمۡ عَذَابٞ
قَرِيبٞ ٦٤

64. Bantu bakwethu, leli ikameli lika Allah eliyisibonakaliso kini, ngakhoke liyekeleni lizindlele emhlabeni kaAllah ningalenzi lutho olubi, funa nitholwe isijeziso esiseduze.

فَعَقَرُوهَا فَقَالَ تَمَتَّعُواْ فِي دَارِكُمۡ ثَلَٰثَةَ
أَيَّامٖۖ ذَٰلِكَ وَعۡدٌ غَيۡرُ مَكۡذُوبٖ ٦٥

65. Kepha balihlaba [balibulala], wabe [uSwalihi] esethi: "Nethezekani nje emziniwenu izinsuku ezintathu, lesoke isithembiso esingemanga".

فَلَمَّا جَآءَ أَمۡرُنَا نَجَّيۡنَا صَٰلِحٗا وَٱلَّذِينَ
ءَامَنُواْ مَعَهُۥ بِرَحۡمَةٖ مِّنَّا وَمِنۡ خِزۡيِ
يَوۡمِئِذٍۚ إِنَّ رَبَّكَ هُوَ ٱلۡقَوِيُّ ٱلۡعَزِيزُ ٦٦

66. Kwathi-ke lapho kufika umyalelo weThu [wembubhiso], sahlenga ngomusa weThu uSwalihi kanye nalabo ababekholwa naye ehlazweni lalosuku. Impela iNkosi yakho iNgonamandla inguSomandla.

وَأَخَذَ ٱلَّذِينَ ظَلَمُواْ ٱلصَّيۡحَةُ فَأَصۡبَحُواْ
فِي دِيَٰرِهِمۡ جَٰثِمِينَ ٦٧

67. Umsindo omkhulu wahlasela labo abaphambukile, kwasa bedindilizile emzini yabo bebheke phansi [befile].

كَأَن لَّمۡ يَغۡنَوۡاْ فِيهَآۗ أَلَآ إِنَّ ثَمُودَاْ
كَفَرُواْ رَبَّهُمۡۗ أَلَا بُعۡدٗا لِّثَمُودَ ٦٨

68. Kwaba ngathi abakaze bahle khona. Bheka ngoba isizwe sakwaTamudi asikholwanga eNkosini yaso, masibhubheke isizwe sakwaTamudi.

وَلَقَدْ جَآءَتْ رُسُلُنَآ إِبْرَٰهِيمَ بِٱلْبُشْرَىٰ قَالُوا۟ سَلَٰمًا ۖ قَالَ سَلَٰمٌ ۖ فَمَا لَبِثَ أَن جَآءَ بِعِجْلٍ حَنِيذٍ ﴿٦٩﴾

69. Futhi zafika impela izithunywa [izingelosi] zeThu ku Ibhirahimu nezindaba ezinhle, zathi: "Salamu [ukuthula]". Wathi [naye ephendula]: "Salamu [ukuthula]". Akupholanga maseko wabe eseletha inyama yethole elosiwe.

فَلَمَّا رَءَآ أَيْدِيَهُمْ لَا تَصِلُ إِلَيْهِ نَكِرَهُمْ وَأَوْجَسَ مِنْهُمْ خِيفَةً ۚ قَالُوا۟ لَا تَخَفْ إِنَّآ أُرْسِلْنَآ إِلَىٰ قَوْمِ لُوطٍ ﴿٧٠﴾

70. Kepha kwathi lapho eqaphela ukuthi izandla zabo aziyithinti [inyama], wabaxwaya wazithuka enokubesaba. Bathi: "Ungesabi, ngokuba thina sithunyelwe esizweni sika Luti".

وَٱمْرَأَتُهُۥ قَآئِمَةٌ فَضَحِكَتْ فَبَشَّرْنَٰهَا بِإِسْحَٰقَ وَمِن وَرَآءِ إِسْحَٰقَ يَعْقُوبَ ﴿٧١﴾

71. Umkakhe owabe emile, wahleka samethulela izindaba ezinhle ngo Isihaki, yena oyoba noYakubu.

قَالَتْ يَٰوَيْلَتَىٰٓ ءَأَلِدُ وَأَنَا۠ عَجُوزٌ وَهَٰذَا بَعْلِى شَيْخًا ۖ إِنَّ هَٰذَا لَشَىْءٌ عَجِيبٌ ﴿٧٢﴾

72. Wathi [umka Ibhirahimu]: "Maye, ngizozala ngingumxhilibe wesalukazi kanti futhi nomyeni wami lo umxhalaba wexhegu, impela lesi yisimanga.

قَالُوٓا۟ أَتَعْجَبِينَ مِنْ أَمْرِ ٱللَّهِ ۖ رَحْمَتُ ٱللَّهِ وَبَرَكَٰتُهُۥ عَلَيْكُمْ أَهْلَ ٱلْبَيْتِ ۚ إِنَّهُۥ حَمِيدٌ مَّجِيدٌ ﴿٧٣﴾

73. Zathi: "Umangazwa umyalelo ka Allah na? Umusa ka Allah nezibusiso zaKhe makube kini bantu bomuzi. Nebala Yena [u Allah] ungoDunyiswayo Ohloniphekile.

فَلَمَّا ذَهَبَ عَنْ إِبْرَٰهِيمَ ٱلرَّوْعُ وَجَآءَتْهُ ٱلْبُشْرَىٰ يُجَٰدِلُنَا فِى قَوْمِ لُوطٍ ﴿٧٤﴾

74. Kwathi lapho selehlile ixhala ku Ibhirahimu kwafika nezindaba ezinhle kuye, wabe esebhunga naThi mayelana nesizwe sika Luti.

إِنَّ إِبْرَٰهِيمَ لَحَلِيمٌ أَوَّٰهٌ مُّنِيبٌ ﴿٧٥﴾

75. Impela u Ibhirahimu unobubele unesizotha uyazithoba [eNkosini yakhe].

76. We Ibhirahimu, kushiye phansi lokhu, ngokuba umyalelo weNkosi yakho usufikile, futhi nakanjani siyobathola isijeziso esingejikiswe.

يَـٰٓإِبۡرَٰهِيمُ أَعۡرِضۡ عَنۡ هَٰذَآۖ إِنَّهُۥ قَدۡ جَآءَ أَمۡرُ رَبِّكَۖ وَإِنَّهُمۡ ءَاتِيهِمۡ عَذَابٌ غَيۡرُ مَرۡدُودٖ ٧٦

77. Kwathi lapho izithunywa [izingelosi] zeThu sezifikile ku Luti akathokozanga ngazo futhi akakhululekanga ngazo, wabe esethi: "Leli usuku olunzima".

وَلَمَّا جَآءَتۡ رُسُلُنَا لُوطٗا سِيٓءَ بِهِمۡ وَضَاقَ بِهِمۡ ذَرۡعٗا وَقَالَ هَٰذَا يَوۡمٌ عَصِيبٞ ٧٧

78. Abantu bakubo beza kuye begijima, kanti phambilini bebenza imikhuba. Wathi [uLuti]: "Bantu bakithi, lawa amadodakazi ami, yiwona ahlanzekile kini, ngakhoke thobelani u Allah futhi ningangihlazi ezivakashini zami, akusekho yeyodwa nje indoda eqotho kini na?"

وَجَآءَهُۥ قَوۡمُهُۥ يُهۡرَعُونَ إِلَيۡهِ وَمِن قَبۡلُ كَانُواْ يَعۡمَلُونَ ٱلسَّيِّـَٔاتِۚ قَالَ يَٰقَوۡمِ هَٰٓؤُلَآءِ بَنَاتِي هُنَّ أَطۡهَرُ لَكُمۡۖ فَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَلَا تُخۡزُونِ فِي ضَيۡفِيٓۖ أَلَيۡسَ مِنكُمۡ رَجُلٞ رَّشِيدٞ ٧٨

79. Bathi:"Wazi kahle ukuthi asinasidingo kumadodakazi akho belu ukwazi kahle lokho esikufunayo".

قَالُواْ لَقَدۡ عَلِمۡتَ مَا لَنَا فِي بَنَاتِكَ مِنۡ حَقّٖ وَإِنَّكَ لَتَعۡلَمُ مَا نُرِيدُ ٧٩

80. Wathi: "Ngifisa ngabe benginamandla okubhekana nani noma nje insika eqinile [umndeni]".

قَالَ لَوۡ أَنَّ لِي بِكُمۡ قُوَّةً أَوۡ ءَاوِيٓ إِلَىٰ رُكۡنٖ شَدِيدٖ ٨٠

81. Zathi: "We Luti, thina sizithunywa zeNkosi yakho abasoze bakwenza lutho. Phuma wena nomndeni wakho ebusuku, kungabikho noyedwa kini obheka emuva, ngaphandle nje komkakho ngokuba yena uyokwehlela

قَالُواْ يَٰلُوطُ إِنَّا رُسُلُ رَبِّكَ لَن يَصِلُوٓاْ إِلَيۡكَۖ فَأَسۡرِ بِأَهۡلِكَ بِقِطۡعٖ مِّنَ ٱلَّيۡلِ وَلَا يَلۡتَفِتۡ مِنكُمۡ أَحَدٌ إِلَّا ٱمۡرَأَتَكَۖ إِنَّهُۥ مُصِيبُهَا مَآ أَصَابَهُمۡۚ إِنَّ مَوۡعِدَهُمُ ٱلصُّبۡحُۚ أَلَيۡسَ ٱلصُّبۡحُ بِقَرِيبٖ ٨١

yilokho okuyobehlela. Isikhathi sabo esibekiwe kusekuseni. Ekuseni sekuseduze.

فَلَمَّا جَآءَ أَمۡرُنَا جَعَلۡنَا عَٰلِيَهَا سَافِلَهَا وَأَمۡطَرۡنَا عَلَيۡهَا حِجَارَةٗ مِّن سِجِّيلٖ مَّنضُودٖ ٨٢

82. Kwathi lapho umyalelo weThu ufika, sathatha ingaphezulu lendawo salisa ngaphansi saletha kuyo imvula yamatshe obumba elandelana.

مُّسَوَّمَةً عِندَ رَبِّكَۖ وَمَا هِيَ مِنَ ٱلظَّٰلِمِينَ بِبَعِيدٖ ٨٣

83. Ayebekisiwe eNkosini yakho, futhi awekho ekudeni nalabo abaphambukile.

* وَإِلَىٰ مَدۡيَنَ أَخَاهُمۡ شُعَيۡبٗاۚ قَالَ يَٰقَوۡمِ ٱعۡبُدُواْ ٱللَّهَ مَا لَكُم مِّنۡ إِلَٰهٍ غَيۡرُهُۥۖ وَلَا تَنقُصُواْ ٱلۡمِكۡيَالَ وَٱلۡمِيزَانَۖ إِنِّيٓ أَرَىٰكُم بِخَيۡرٖ وَإِنِّيٓ أَخَافُ عَلَيۡكُمۡ عَذَابَ يَوۡمٖ مُّحِيطٖ ٨٤

84. Futhi sathumela uShu'ayibu eMadiyana, wathi: "Bantu bakithi, khonzani u Allah [kuphela] ngokuba akekho okumele nimkhonze ngaphandle kwaKhe. Futhi ninganciphisi isikali nesisindo. Impela nginibona nisebuhleni kanti futhi nginesabela isijeziso soSuku oluhaqayo".

وَيَٰقَوۡمِ أَوۡفُواْ ٱلۡمِكۡيَالَ وَٱلۡمِيزَانَ بِٱلۡقِسۡطِۖ وَلَا تَبۡخَسُواْ ٱلنَّاسَ أَشۡيَآءَهُمۡ وَلَا تَعۡثَوۡاْ فِي ٱلۡأَرۡضِ مُفۡسِدِينَ ٨٥

85. Bantu bakithi, gcwalisani isikali nesisindo ngobulungiswa futhi ningaqili abantu izinto zabo futhi ningahambi nenza impambuko emhlabeni.

بَقِيَّتُ ٱللَّهِ خَيۡرٞ لَّكُمۡ إِن كُنتُم مُّؤۡمِنِينَۚ وَمَآ أَنَا۠ عَلَيۡكُم بِحَفِيظٖ ٨٦

86. Izinsalela zika Allah [okusalayo] yiko okungcono kini uma ningabakholwayo, futhi-ke mina angiyena oniqaphile.

قَالُواْ يَٰشُعَيۡبُ أَصَلَوٰتُكَ تَأۡمُرُكَ أَن نَّتۡرُكَ مَا يَعۡبُدُ ءَابَآؤُنَآ أَوۡ أَن نَّفۡعَلَ فِيٓ أَمۡوَٰلِنَا مَا نَشَٰٓؤُاْۖ إِنَّكَ لَأَنتَ ٱلۡحَلِيمُ ٱلرَّشِيدُ ٨٧

87. Bathi: "We Shu'ayibu, yilomthandazo wakho okuyalela ukuba usinqabele ukuba sikhonze lokho obekukhonzwa obabamkhulu nokuthi senze esikuthandayo ngemicebo yethu na?"

88. Wathi: "Bantu bakithi, nibona kanjani uma ukuthi nginobufakazi obuvela eNkosini yami yaphinda futhi yangabela isondlo esihle. Mina angihlosile ukuphambana nani kulokho engininqabela kona. Empeleni engikuhlosile izinguquko ezinhle ngokusemandleni. Amandla ami ngiyophiwa ngu Allah, ngithembele kuYe futhi ngizinikele kuYe".

قَالَ يَٰقَوۡمِ أَرَءَيۡتُمۡ إِن كُنتُ عَلَىٰ بَيِّنَةٖ مِّن رَّبِّي وَرَزَقَنِي مِنۡهُ رِزۡقًا حَسَنٗاۚ وَمَآ أُرِيدُ أَنۡ أُخَالِفَكُمۡ إِلَىٰ مَآ أَنۡهَىٰكُمۡ عَنۡهُۚ إِنۡ أُرِيدُ إِلَّا ٱلۡإِصۡلَٰحَ مَا ٱسۡتَطَعۡتُۚ وَمَا تَوۡفِيقِيٓ إِلَّا بِٱللَّهِۚ عَلَيۡهِ تَوَكَّلۡتُ وَإِلَيۡهِ أُنِيبُ ٨٨

89. Bantu bakithi, ukuzonda mina makunganiholeli ekutheni nehlelwe okufana nalokho okwehlela isizwe sikaNuhu noma esikaHudi noma esikaSwalihi, kantike, esikaLuti asikho ekudeni nani.

وَيَٰقَوۡمِ لَا يَجۡرِمَنَّكُمۡ شِقَاقِيٓ أَن يُصِيبَكُم مِّثۡلُ مَآ أَصَابَ قَوۡمَ نُوحٍ أَوۡ قَوۡمَ هُودٍ أَوۡ قَوۡمَ صَٰلِحٖۚ وَمَا قَوۡمُ لُوطٖ مِّنكُم بِبَعِيدٖ ٨٩

90. Futhi celani intethelelo eNkosini yenu bese nizisola kuYo. Impela iNkosi yami inesihawu inothando.

وَٱسۡتَغۡفِرُواْ رَبَّكُمۡ ثُمَّ تُوبُوٓاْ إِلَيۡهِۚ إِنَّ رَبِّي رَحِيمٞ وَدُودٞ ٩٠

91. Bathi: "We Shu'ayibu, kuningi esingakuqondi kulokho okushoyo futhi sikubona ubuthaka phakathi kwethu, ukube nje bekungekho ngenxa yomndeni wakho ngabe kade sakukhanda ngamatshe, futhi awuhloniphekile kangako kithi".

قَالُواْ يَٰشُعَيۡبُ مَا نَفۡقَهُ كَثِيرٗا مِّمَّا تَقُولُ وَإِنَّا لَنَرَىٰكَ فِينَا ضَعِيفٗاۖ وَلَوۡلَا رَهۡطُكَ لَرَجَمۡنَٰكَۖ وَمَآ أَنتَ عَلَيۡنَا بِعَزِيزٖ ٩١

92. Wathi: "Bantu bakithi, umndeni wami uhlonipheke kini ukudlula uAllah naze namufulathela ngomhlane pho? Impela iNkosi yami ikuhaqe konke enikwenzayo".

قَالَ يَٰقَوۡمِ أَرَهۡطِيٓ أَعَزُّ عَلَيۡكُم مِّنَ ٱللَّهِۖ وَٱتَّخَذۡتُمُوهُ وَرَآءَكُمۡ ظِهۡرِيًّاۖ إِنَّ رَبِّي بِمَا تَعۡمَلُونَ مُحِيطٞ ٩٢

93. Bantu bakithi, yenzani enikwenzayo nami ngiyenza, maduzane nje niyokwazi ukuthi ngubani oyothola isijeziso esiyomhlaza nalowo oyixoki. Futhi lindelani nami ngilindele.

وَيَٰقَوْمِ ٱعْمَلُوا۟ عَلَىٰ مَكَانَتِكُمْ إِنِّى عَٰمِلٌ ۖ سَوْفَ تَعْلَمُونَ مَن يَأْتِيهِ عَذَابٌ يُخْزِيهِ وَمَنْ هُوَ كَٰذِبٌ ۖ وَٱرْتَقِبُوٓا۟ إِنِّى مَعَكُمْ رَقِيبٌ ﴿٩٣﴾

94. Kwathi-ke lapho kufika umyalelo weThu [wembubhiso], sahlenga ngomusa weThu uShu'ayibu kanye nalabo ababekholwa naye, umsindo omkhulu wahlasela labo abaphambukile, kwasa bedindilizile emzini yabo bebheke phansi [befile].

وَلَمَّا جَآءَ أَمْرُنَا نَجَّيْنَا شُعَيْبًا وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ مَعَهُۥ بِرَحْمَةٍ مِّنَّا وَأَخَذَتِ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ ٱلصَّيْحَةُ فَأَصْبَحُوا۟ فِى دِيَٰرِهِمْ جَٰثِمِينَ ﴿٩٤﴾

95. Kwaba ngathi abakaze bahle khona, masibhubheke isizwe sakwa Madiyana njengoba kwabhubha esakwaTamudi.

كَأَن لَّمْ يَغْنَوْا۟ فِيهَا ۗ أَلَا بُعْدًا لِّمَدْيَنَ كَمَا بَعِدَتْ ثَمُودُ ﴿٩٥﴾

96. Futhi sathumela uMusa ngezibonakaliso zeThu nobufakazi obusobala.

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا مُوسَىٰ بِـَٔايَٰتِنَا وَسُلْطَٰنٍ مُّبِينٍ ﴿٩٦﴾

97. Ukuba aye kuFirawuni nezikhulu zakhe; kepha bona balandela umyalelo kaFirawuni. Bheka ngoba umyalelo kaFirawuni awunabuqotho.

إِلَىٰ فِرْعَوْنَ وَمَلَإِيْهِۦ فَٱتَّبَعُوٓا۟ أَمْرَ فِرْعَوْنَ ۖ وَمَآ أَمْرُ فِرْعَوْنَ بِرَشِيدٍ ﴿٩٧﴾

98. Uyobe ehola phambili abantu bakhe ngoSuku lokwahlulela, abafake emlilweni; yaze yayimbi indawo okungenwa kuyo.

يَقْدُمُ قَوْمَهُۥ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ فَأَوْرَدَهُمُ ٱلنَّارَ ۖ وَبِئْسَ ٱلْوِرْدُ ٱلْمَوْرُودُ ﴿٩٨﴾

99. Balandeliswa ngesiqalekiso lapha emhlabeni futhi nakwelizayo; kwaze kwakubi lokho okulandelanayo.

وَأُتْبِعُوا۟ فِى هَٰذِهِۦ لَعْنَةً وَيَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۚ بِئْسَ ٱلرِّفْدُ ٱلْمَرْفُودُ ﴿٩٩﴾

ذَٰلِكَ مِنْ أَنۢبَآءِ ٱلْقُرَىٰ نَقُصُّهُۥ عَلَيْكَ ۖ مِنْهَا قَآئِمٌ وَحَصِيدٌ ﴿١٠٠﴾

100. Lezo izindaba zezindawo esikulandisa zona, ezinye zazo zisabonakala kuthi ezinye sezashabalala.

وَمَا ظَلَمْنَٰهُمْ وَلَٰكِن ظَلَمُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ ۖ فَمَآ أَغْنَتْ عَنْهُمْ ءَالِهَتُهُمُ ٱلَّتِى يَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ مِن شَىْءٍ لَّمَّا جَآءَ أَمْرُ رَبِّكَ ۖ وَمَا زَادُوهُمْ غَيْرَ تَتْبِيبٍ ﴿١٠١﴾

101. Futhi asibonanga ngalutho kepha yibona abazona uqobo; kanti izikhonzwa zabo abakhuleka kuzo ngaphandle kuka Allah azibasizanga ngalutho mzukwana kufika umyalelo [wembubhiso] weNkosi yakho, kunalokho zabandisela imbubhiso.

وَكَذَٰلِكَ أَخْذُ رَبِّكَ إِذَآ أَخَذَ ٱلْقُرَىٰ وَهِىَ ظَٰلِمَةٌ ۚ إِنَّ أَخْذَهُۥٓ أَلِيمٌ شَدِيدٌ ﴿١٠٢﴾

102. Sinjaloke isijeziso seNkosi yakho, uma ijezisa abantu bendawo abaphambukile, impela isijeziso saYo sibuhlungu sinzima.

إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَةً لِّمَنْ خَافَ عَذَابَ ٱلْءَاخِرَةِ ۚ ذَٰلِكَ يَوْمٌ مَّجْمُوعٌ لَّهُ ٱلنَّاسُ وَذَٰلِكَ يَوْمٌ مَّشْهُودٌ ﴿١٠٣﴾

103. Nebala kulokho kunesifundo kulowo osaba isijeziso sakwelizayo. Lelo uSuku okuyobuthana khona abantu futhi lelo uSuku oluyobonwa.

وَمَا نُؤَخِّرُهُۥٓ إِلَّا لِأَجَلٍ مَّعْدُودٍ ﴿١٠٤﴾

104. Futhi siludondisela isikhathi esibekiwe.

يَوْمَ يَأْتِ لَا تَكَلَّمُ نَفْسٌ إِلَّا بِإِذْنِهِۦ ۚ فَمِنْهُمْ شَقِىٌّ وَسَعِيدٌ ﴿١٠٥﴾

105. Mhla lufika, akukho muntu oyokhuluma ngaphandle kwemvume yaKhe [u Allah]. Phakathi kwabo kunalabo abangeke baphumelele futhi kunalabo abayophumelela.

فَأَمَّا ٱلَّذِينَ شَقُوا۟ فَفِى ٱلنَّارِ لَهُمْ فِيهَا زَفِيرٌ وَشَهِيقٌ ﴿١٠٦﴾

106. Labo-ke abangayi kuphumelela bayongena emlilweni lapho bayobubula [kanzima] futhi baphefumule kanzima.

خَٰلِدِينَ فِيهَا مَا دَامَتِ ٱلسَّمَٰوَٰتُ وَٱلۡأَرۡضُ إِلَّا مَا شَآءَ رَبُّكَۚ إِنَّ رَبَّكَ فَعَّالٞ لِّمَا يُرِيدُ ١٠٧

107. Bayobhadla kuwo uma nje lokhu amazulu nomhlaba esekhona, ngaphandle kwalokho okuthandwa iNkosi yakho[1]. Bheka ngoba iNkosi yakho yenza intando yaYo.

* وَأَمَّا ٱلَّذِينَ سُعِدُواْ فَفِي ٱلۡجَنَّةِ خَٰلِدِينَ فِيهَا مَا دَامَتِ ٱلسَّمَٰوَٰتُ وَٱلۡأَرۡضُ إِلَّا مَا شَآءَ رَبُّكَ عَطَآءً غَيۡرَ مَجۡذُوذٖ ١٠٨

108. Futhi labo abayophumelela, bayongena eJana bahlale kuyo unaphakade uma nje lokhu amazulu nomhlaba esekhona, ngaphandle kwalokho okuthandwa iNkosi yakho – izibusiso ezingenamkhawulo.

فَلَا تَكُ فِي مِرۡيَةٖ مِّمَّا يَعۡبُدُ هَٰٓؤُلَآءِۚ مَا يَعۡبُدُونَ إِلَّا كَمَا يَعۡبُدُ ءَابَآؤُهُم مِّن قَبۡلُۚ وَإِنَّا لَمُوَفُّوهُمۡ نَصِيبَهُمۡ غَيۡرَ مَنقُوصٖ ١٠٩

109. Ngakhoke ungabi nongabazane ngalokho abakukhonzayo laba, ngokuba bakhonza njengoba abokhokho babo babekhonza phambilini. Kantike siyobanika isabelo ngokugcwele singancishisiwe.

وَلَقَدۡ ءَاتَيۡنَا مُوسَى ٱلۡكِتَٰبَ فَٱخۡتُلِفَ فِيهِۚ وَلَوۡلَا كَلِمَةٞ سَبَقَتۡ مِن رَّبِّكَ لَقُضِيَ بَيۡنَهُمۡۚ وَإِنَّهُمۡ لَفِي شَكّٖ مِّنۡهُ مُرِيبٖ ١١٠

110. Futhi sanika uMusa iNcwadi [iTora], kepha kwaba nokuphikisana ngayo. Ukube bekungesikho ngenxa yezwi [isinqumo] saphambilini elivela eNkosini yakho ngabe kwahlulelwe phakathi kwabo. Futhi banokungabaza okukhulu ngayo [iKurani].

وَإِنَّ كُلّٗا لَّمَّا لَيُوَفِّيَنَّهُمۡ رَبُّكَ أَعۡمَٰلَهُمۡۚ إِنَّهُۥ بِمَا يَعۡمَلُونَ خَبِيرٞ ١١١

111. Futhi bonke [labo abaphikisanayo] iNkosi yakho iyobapha umvuzo

1 njengokukhipha abakholwayo abangene eMlilweni ngenxa yempambuko zabo ezindlule izenzo zabo ezinhle.

wezenzo zabo ngokuphelele, ngokuba Yona ikwazi kahle konke abakwenzayo.

فَٱسْتَقِمْ كَمَآ أُمِرْتَ وَمَن تَابَ مَعَكَ وَلَا تَطْغَوْا۟ ۚ إِنَّهُۥ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿١١٢﴾

112. Ngakhoke bambelela endleleni eqondile njengoba uyalelwe, [wena] nalabo ababuye kanye nawe [ngokukholwa ku Allah] futhi ningaphuli imithetho, ngokuba Yona [iNkosi yakho] ikubona konke enikwenzayo.

وَلَا تَرْكَنُوٓا۟ إِلَى ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ فَتَمَسَّكُمُ ٱلنَّارُ وَمَا لَكُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ مِنْ أَوْلِيَآءَ ثُمَّ لَا تُنصَرُونَ ﴿١١٣﴾

113. Futhi ningathatheki ngalabo abaphambukile, funa nitholwe umlilo futhi akukho basizi eniyobathola ngaphandle kuka Allah, manjalo ningasizakali.

وَأَقِمِ ٱلصَّلَوٰةَ طَرَفَىِ ٱلنَّهَارِ وَزُلَفًا مِّنَ ٱلَّيْلِ ۚ إِنَّ ٱلْحَسَنَٰتِ يُذْهِبْنَ ٱلسَّيِّـَٔاتِ ۚ ذَٰلِكَ ذِكْرَىٰ لِلذَّٰكِرِينَ ﴿١١٤﴾

114. Yenza iswala ezinhlangothini zombili zosuku [ekuseni nantambama] kanjalo nangezinkathi zakusihlwa. Impela izenzo ezinhle ziyazishabalalisa ezimbi. Lokho isikhumbuzo kulabo abakhumbulayo.

وَٱصْبِرْ فَإِنَّ ٱللَّهَ لَا يُضِيعُ أَجْرَ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١١٥﴾

115. Futhi bekezela [uzimelele], ngokuba u Allah akawuchithi umvuzo walabo abenza okuhle.

فَلَوْلَا كَانَ مِنَ ٱلْقُرُونِ مِن قَبْلِكُمْ أُو۟لُوا۟ بَقِيَّةٍ يَنْهَوْنَ عَنِ ٱلْفَسَادِ فِى ٱلْأَرْضِ إِلَّا قَلِيلًا مِّمَّنْ أَنجَيْنَا مِنْهُمْ ۗ وَٱتَّبَعَ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ مَآ أُتْرِفُوا۟ فِيهِ وَكَانُوا۟ مُجْرِمِينَ ﴿١١٦﴾

116. Ukube nje kwabakhona abantu abanokuqonda ezizweni ezinandulelayo ababeyobanqanda ekuphambukeni, [kepha phinde] – ngaphandle kwedlanzana kulabo esabahlenga kubo. Laba abaphambukile balandela lokho abacebe ngakho futhi babeyigilamkhuba.

وَمَا كَانَ رَبُّكَ لِيُهْلِكَ ٱلْقُرَىٰ بِظُلْمٍ وَأَهْلُهَا مُصْلِحُونَ ﴿١١٧﴾

117. Futhi iNkosi yakho ayikaze yabhubhisa indawo [yabantu] ngokungebulungiswa uma abantu bakhona bengabaqotho.

وَلَوْ شَآءَ رَبُّكَ لَجَعَلَ ٱلنَّاسَ أُمَّةً وَٰحِدَةً وَلَا يَزَالُونَ مُخْتَلِفِينَ ﴿١١٨﴾

118. Ukube iNkosi yakho beyithanda, beyobenza abantu babe sokholweni olulodwa. Kepha abantu bayohlala benemibono ephikisanayo [abanye abakholwa abanye bayakholwa].

إِلَّا مَن رَّحِمَ رَبُّكَ ۚ وَلِذَٰلِكَ خَلَقَهُمْ ۗ وَتَمَّتْ كَلِمَةُ رَبِّكَ لَأَمْلَأَنَّ جَهَنَّمَ مِنَ ٱلْجِنَّةِ وَٱلنَّاسِ أَجْمَعِينَ ﴿١١٩﴾

119. Ngaphandle kwalabo iNkosi yakho ebe nomusa kubo, futhi ubadalele kona lokho [ukubavivinya ngokuhlukana kwemibono]. Kantike liyofezeka Izwi [isinqumo] leNkosi yakho elithi: "Ngiyogcwalisa iJahanamu ngamaJini nangabantu ndawonye".

وَكُلًّا نَّقُصُّ عَلَيْكَ مِنْ أَنۢبَآءِ ٱلرُّسُلِ مَا نُثَبِّتُ بِهِۦ فُؤَادَكَ ۚ وَجَآءَكَ فِى هَٰذِهِ ٱلْحَقُّ وَمَوْعِظَةٌ وَذِكْرَىٰ لِلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٢٠﴾

120. Konke lokhu esikulandisa kona ngezindaba zeZithunywa, ukukupha isibindi. Futhi kukho konke lokhu uthole iqiniso nokwelulekwa kanye nesikhumbuzo kubakholwayo.

وَقُل لِّلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ ٱعْمَلُوا۟ عَلَىٰ مَكَانَتِكُمْ إِنَّا عَٰمِلُونَ ﴿١٢١﴾

121. Futhi kulabo abangakholwa yithi: "Yenzani enikwenzayo nathi senza esikwenzayo".

وَٱنتَظِرُوٓا۟ إِنَّا مُنتَظِرُونَ ﴿١٢٢﴾

122. Futhi nilinde nathi silindile.

وَلِلَّهِ غَيْبُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَإِلَيْهِ يُرْجَعُ ٱلْأَمْرُ كُلُّهُۥ فَٱعْبُدْهُ وَتَوَكَّلْ عَلَيْهِ ۚ وَمَا رَبُّكَ بِغَٰفِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿١٢٣﴾

123. Konke okungabonwayo emazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah futhi yonke into iyobuyela kuye, ngakhoke khonzani Yena futhi nethembele kuYe. Belu akusikho ukuthi iNkosi yakho ayikunakile enikwenzayo.

(12) SURA YUSUF
YUSUFU

سُورَةُ يُوسُفَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

الٓرۚ تِلْكَ ءَايَٰتُ ٱلْكِتَٰبِ ٱلْمُبِينِ ﴿١﴾

1. Alif Lam Ra; lena imibiko yeNcwadi ecacile.

إِنَّآ أَنزَلْنَٰهُ قُرْءَٰنًا عَرَبِيًّا لَّعَلَّكُمْ تَعْقِلُونَ ﴿٢﴾

2. Nebala siyembulele iyiKurani yesi-Arabhu ukuze niqonde.

نَحْنُ نَقُصُّ عَلَيْكَ أَحْسَنَ ٱلْقَصَصِ بِمَآ أَوْحَيْنَآ إِلَيْكَ هَٰذَا ٱلْقُرْءَانَ وَإِن كُنتَ مِن قَبْلِهِۦ لَمِنَ ٱلْغَٰفِلِينَ ﴿٣﴾

3. Sikulandisela izindaba ezinhle lapho sikwembulela leKurani nakuba ngaphambi kwayo ubungomunye wabangazi.

إِذْ قَالَ يُوسُفُ لِأَبِيهِ يَٰٓأَبَتِ إِنِّى رَأَيْتُ أَحَدَ عَشَرَ كَوْكَبًا وَٱلشَّمْسَ وَٱلْقَمَرَ رَأَيْتُهُمْ لِى سَٰجِدِينَ ﴿٤﴾

4. Khumbula mhla ethi uYusufu kuyise: "Ngiphuphe izinkanyezi eziyishumi nomuvo kanye nelanga nenyanga, ngikuphuphe konke kungikhothamela".

قَالَ يَٰبُنَىَّ لَا تَقْصُصْ رُءْيَاكَ عَلَىٰٓ إِخْوَتِكَ فَيَكِيدُوا۟ لَكَ كَيْدًا ۖ إِنَّ ٱلشَّيْطَٰنَ لِلْإِنسَٰنِ عَدُوٌّ مُّبِينٌ ﴿٥﴾

5. Wathi [uyise]: "Ungabatsheli abafowenu ngephupho lakho, funa bakwakhele uzungu, phela uShayitani uyisitha somuntu esicacile".

وَكَذَٰلِكَ يَجْتَبِيكَ رَبُّكَ وَيُعَلِّمُكَ مِن تَأْوِيلِ ٱلْأَحَادِيثِ وَيُتِمُّ نِعْمَتَهُۥ عَلَيْكَ وَعَلَىٰٓ ءَالِ يَعْقُوبَ كَمَآ أَتَمَّهَا عَلَىٰٓ أَبَوَيْكَ مِن قَبْلُ إِبْرَٰهِيمَ وَإِسْحَٰقَ ۚ إِنَّ رَبَّكَ عَلِيمٌ حَكِيمٌ ﴿٦﴾

6. Kanjaloke iNkosi yakho izokuqoka futhi ikufundise incazelo yamaphupho iphinde iphelelelise isibusiso saYo kuwe nasemndenini kaYakubu, njengoba asiphelelisa

koyihlomkhulu ababili phambilini u Ibhirahimu no Isihaki. Nebala iNkosi yakho Inolwazi Ikhaliphile.

7. Impela [endabeni] kaYusufu nabafowabo kunezifundo kulabo ababuzayo.

8. Mhlazane bethi: "Nebala uYusufu nomnewabo bathandwa ukudlula thina kubaba wethu yize thina sibaningi, impela ubaba wethu usephutheni elisobala".

9. Bulalani uYusufu noma nimdingisele kude le ukuze ubaba wenu abheke nina, bese emuva nibe ngabantu abenza okulungile.

10. Omunye wabo wathi: "Cha, ningambulali uYusufu kepha mfakeni ekujuleni komthombo, uyobe esecoshwa abanye bezihambi uma ukuthi nizimisele ukukwenza.

11. Bathi: "Baba wethu, kungani ungasithembi ngoYusufu sibe impela simkhathalele na?.

12. Mdedele ahambe nathi kusasa azijabulise adlale futhi impela siyobe thina simqaphile

13. Wathi: "Nebala kuyangikhathaza ukuba nihambe naye futhi ngiyesaba ukuthi angahle adliwe impungushe ningamnakile".

* لَّقَدْ كَانَ فِي يُوسُفَ وَإِخْوَتِهِۦٓ ءَايَٰتٌ لِّلسَّآئِلِينَ ﴿٧﴾

إِذْ قَالُواْ لَيُوسُفُ وَأَخُوهُ أَحَبُّ إِلَىٰٓ أَبِينَا مِنَّا وَنَحْنُ عُصْبَةٌ إِنَّ أَبَانَا لَفِي ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٨﴾

ٱقْتُلُواْ يُوسُفَ أَوِ ٱطْرَحُوهُ أَرْضًا يَخْلُ لَكُمْ وَجْهُ أَبِيكُمْ وَتَكُونُواْ مِنۢ بَعْدِهِۦ قَوْمًا صَٰلِحِينَ ﴿٩﴾

قَالَ قَآئِلٌ مِّنْهُمْ لَا تَقْتُلُواْ يُوسُفَ وَأَلْقُوهُ فِي غَيَٰبَتِ ٱلْجُبِّ يَلْتَقِطْهُ بَعْضُ ٱلسَّيَّارَةِ إِن كُنتُمْ فَٰعِلِينَ ﴿١٠﴾

قَالُواْ يَٰٓأَبَانَا مَا لَكَ لَا تَأْمَنَّا عَلَىٰ يُوسُفَ وَإِنَّا لَهُۥ لَنَٰصِحُونَ ﴿١١﴾

أَرْسِلْهُ مَعَنَا غَدًا يَرْتَعْ وَيَلْعَبْ وَإِنَّا لَهُۥ لَحَٰفِظُونَ ﴿١٢﴾

قَالَ إِنِّي لَيَحْزُنُنِيٓ أَن تَذْهَبُواْ بِهِۦ وَأَخَافُ أَن يَأْكُلَهُ ٱلذِّئْبُ وَأَنتُمْ عَنْهُ غَٰفِلُونَ ﴿١٣﴾

14. Bathi: "Uma engadliwe impungushe sibe sibaningi kangaka, impela siyobe singamavaka".

قَالُواْ لَئِنۡ أَكَلَهُ ٱلذِّئۡبُ وَنَحۡنُ عُصۡبَةٌ إِنَّآ إِذٗا لَّخَٰسِرُونَ ١٤

15. Kwathi lapho sebehambe naye, bavumelana ukuthi bayomfaka ekujuleni komthombo; sembulela kuye ukuthi [langalimbe] uyobatshela ngalesenzo sabo bengazelele.

فَلَمَّا ذَهَبُواْ بِهِۦ وَأَجۡمَعُوٓاْ أَن يَجۡعَلُوهُ فِي غَيَٰبَتِ ٱلۡجُبِّۚ وَأَوۡحَيۡنَآ إِلَيۡهِ لَتُنَبِّئَنَّهُم بِأَمۡرِهِمۡ هَٰذَا وَهُمۡ لَا يَشۡعُرُونَ ١٥

16. Bafika kubaba wabo ebusuku bekhala.

وَجَآءُوٓ أَبَاهُمۡ عِشَآءٗ يَبۡكُونَ ١٦

17. Bathi: "Baba wethu, sihambile siyoncintisana sashiya uYusufu ezimpahleni zethu, wabe esedliwa impungushe. Futhi vele ngeke usikholwe noma kuthiwa siqinisile".

قَالُواْ يَٰٓأَبَانَآ إِنَّا ذَهَبۡنَا نَسۡتَبِقُ وَتَرَكۡنَا يُوسُفَ عِندَ مَتَٰعِنَا فَأَكَلَهُ ٱلذِّئۡبُۖ وَمَآ أَنتَ بِمُؤۡمِنٖ لَّنَا وَلَوۡ كُنَّا صَٰدِقِينَ ١٧

18. Futhi babhixa ingubo yakhe ngegazi mbumbulu. Wathi [uYakubu]: "Empeleni niyengwe imiphefumulo ngokuthile. Kepha ukubekezela ikona okuhle futhi u Allah nguYena okucelwa kuYe usizo ngalokho enikubabulayo".

وَجَآءُو عَلَىٰ قَمِيصِهِۦ بِدَمٖ كَذِبٖۚ قَالَ بَلۡ سَوَّلَتۡ لَكُمۡ أَنفُسُكُمۡ أَمۡرٗاۖ فَصَبۡرٞ جَمِيلٞۖ وَٱللَّهُ ٱلۡمُسۡتَعَانُ عَلَىٰ مَا تَصِفُونَ ١٨

19. Zafika izihambi zathumela lowo obakhela amanzi, wehlisa ithunga [emthonjeni] wathi: "Lezi izindaba ezinhle, umfana lo". Base bemfihla okwempahla ethengiswayo. Kepha u Allah ukwazi konke abakwenzayo.

وَجَآءَتۡ سَيَّارَةٞ فَأَرۡسَلُواْ وَارِدَهُمۡ فَأَدۡلَىٰ دَلۡوَهُۥۖ قَالَ يَٰبُشۡرَىٰ هَٰذَا غُلَٰمٞۚ وَأَسَرُّوهُ بِضَٰعَةٗۚ وَٱللَّهُ عَلِيمُۢ بِمَا يَعۡمَلُونَ ١٩

20. Base bemthengisa ngenani elingatheni ubala nje lwamaDirihamu futhi babengenandaba naye.

وَشَرَوۡهُ بِثَمَنِۭ بَخۡسٖ دَرَٰهِمَ مَعۡدُودَةٖ وَكَانُواْ فِيهِ مِنَ ٱلزَّٰهِدِينَ ٢٠

وَقَالَ ٱلَّذِى ٱشْتَرَىٰهُ مِن مِّصْرَ لِٱمْرَأَتِهِۦٓ أَكْرِمِى مَثْوَىٰهُ عَسَىٰٓ أَن يَنفَعَنَآ أَوْ نَتَّخِذَهُۥ وَلَدًا ۚ وَكَذَٰلِكَ مَكَّنَّا لِيُوسُفَ فِى ٱلْأَرْضِ وَلِنُعَلِّمَهُۥ مِن تَأْوِيلِ ٱلْأَحَادِيثِ ۚ وَٱللَّهُ غَالِبٌ عَلَىٰٓ أَمْرِهِۦ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٢١﴾

21. Lona owaseMisiri [eGibhithe] owamthenga wathi kumkakhe: "Mphathe kahle, hleze abe usizo kithi noma simenze ingane yethu". Sambeka kanjalo uYusuf emhlabeni ukuze simfundise ukuchaza amaphupho. Futhi u Allah ulwengamele udaba lwakhe kepha iningi labantu alazi.

وَلَمَّا بَلَغَ أَشُدَّهُۥٓ ءَاتَيْنَٰهُ حُكْمًا وَعِلْمًا ۚ وَكَذَٰلِكَ نَجْزِى ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٢٢﴾

22. Kuthe esekhulile, samnika ubuhlakani nolwazi, phela sibahlomulisa kanjalo labo abenza okuhle.

وَرَٰوَدَتْهُ ٱلَّتِى هُوَ فِى بَيْتِهَا عَن نَّفْسِهِۦ وَغَلَّقَتِ ٱلْأَبْوَٰبَ وَقَالَتْ هَيْتَ لَكَ ۚ قَالَ مَعَاذَ ٱللَّهِ ۖ إِنَّهُۥ رَبِّىٓ أَحْسَنَ مَثْوَاىَ ۖ إِنَّهُۥ لَا يُفْلِحُ ٱلظَّٰلِمُونَ ﴿٢٣﴾

23. Lowo owesimame ayehla emzini wakhe wamncenga ukuba alale naye wavala iminyango wathi: "woza la". Wathi [uYusufu]: "U Allah angivikele – impela umnumzane wami ungiphethe kahle, impela abaphambukayo abasoze baphumelele".

وَلَقَدْ هَمَّتْ بِهِۦ ۖ وَهَمَّ بِهَا لَوْلَآ أَن رَّءَا بُرْهَٰنَ رَبِّهِۦ ۚ كَذَٰلِكَ لِنَصْرِفَ عَنْهُ ٱلسُّوٓءَ وَٱلْفَحْشَآءَ ۚ إِنَّهُۥ مِنْ عِبَادِنَا ٱلْمُخْلَصِينَ ﴿٢٤﴾

24. Impela [owesimame] wayemlangazelele, kanjalo naye ukube nje akabonanga izimpawu zeNkosi yakhe. Ngalokho saqhelisa kuye ububi namanyala, ngokuba wayengomunye wezigqila zeThu ezikhethekile.

وَٱسْتَبَقَا ٱلْبَابَ وَقَدَّتْ قَمِيصَهُۥ مِن دُبُرٍ وَأَلْفَيَا سَيِّدَهَا لَدَا ٱلْبَابِ ۚ قَالَتْ مَا جَزَآءُ مَنْ أَرَادَ بِأَهْلِكَ سُوٓءًا إِلَّآ أَن يُسْجَنَ أَوْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٢٥﴾

25. Bagijimela emnyango, owesimame wadabula izimpahla zakhe [uYusufu] ngemuva bazithela phezu komyeni wakhe emnyango. Wathi [owesimame]: "Yini umvuzo walowo obefuna

ukwenza okubi ngomndeni wakho uma kungesikho ukuba aboshwe noma ajeziswe kabuhlungu".

قَالَ هِيَ رَٰوَدَتْنِي عَن نَّفْسِي ۚ وَشَهِدَ شَاهِدٌ مِّنْ أَهْلِهَآ إِن كَانَ قَمِيصُهُۥ قُدَّ مِن قُبُلٍ فَصَدَقَتْ وَهُوَ مِنَ ٱلْكَٰذِبِينَ ﴿٢٦﴾

26. Wathi [uYusufu]: "Nguyena obengincenga ukulala nami". Kwaba nofakazi wasemndenini wakhe [owesimame] owathi: "Uma izembatho zakhe [uYusufu] zidabuke ngaphambili, kuyinkomba yokuthi owesimame uqinisile nokuthi yena [uYusufu] unamanga".

وَإِن كَانَ قَمِيصُهُۥ قُدَّ مِن دُبُرٍ فَكَذَبَتْ وَهُوَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿٢٧﴾

27. Kanti uma izembatho zakhe [uYusufu] zidabuke ngemuva, kuyinkomba yokuthi owesimame unamanga, nokuthi yena [uYusufu] uqinisile.

فَلَمَّا رَءَا قَمِيصَهُۥ قُدَّ مِن دُبُرٍ قَالَ إِنَّهُۥ مِن كَيْدِكُنَّ ۖ إِنَّ كَيْدَكُنَّ عَظِيمٌ ﴿٢٨﴾

28. Kwathi lapho [usokhaya] ebona izembatho zakhe [uYusufu] zidatshulwe ngemuva wathi: "Nebala lokhu ngamanye amaqhinga enu bafazi, impela amaqhinga makhulu".

يُوسُفُ أَعْرِضْ عَنْ هَٰذَا ۚ وَٱسْتَغْفِرِي لِذَنۢبِكِ ۖ إِنَّكِ كُنتِ مِنَ ٱلْخَاطِـِٔينَ ﴿٢٩﴾

29. [Wathi usokhaya]: "Yusufu kwendlulise lokhu, kuthi wena [mfazi] cela intethelelo yempambuko yakho impela usephutheni".

* وَقَالَ نِسْوَةٌ فِي ٱلْمَدِينَةِ ٱمْرَأَتُ ٱلْعَزِيزِ تُرَٰوِدُ فَتَىٰهَا عَن نَّفْسِهِۦ ۖ قَدْ شَغَفَهَا حُبًّا ۖ إِنَّا لَنَرَىٰهَا فِي ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٣٠﴾

30. Abafazi bendawo bathi: "Umfazi wesikhulu uncenga umfana wakhe ukulala naye, okusho ukuthi impela uthando luyachichima. Belu simbona esephutheni elisobala".

فَلَمَّا سَمِعَتۡ بِمَكۡرِهِنَّ أَرۡسَلَتۡ إِلَيۡهِنَّ وَأَعۡتَدَتۡ لَهُنَّ مُتَّكَـٔٗا وَءَاتَتۡ كُلَّ وَٰحِدَةٖ مِّنۡهُنَّ سِكِّينٗا وَقَالَتِ ٱخۡرُجۡ عَلَيۡهِنَّۖ فَلَمَّا رَأَيۡنَهُۥٓ أَكۡبَرۡنَهُۥ وَقَطَّعۡنَ أَيۡدِيَهُنَّ وَقُلۡنَ حَٰشَ لِلَّهِ مَا هَٰذَا بَشَرًا إِنۡ هَٰذَآ إِلَّا مَلَكٞ كَرِيمٞ ٣١

31. Kuthe lapho [umfazi wesikhulu] ezwa ngozunge lwabo [abafazi bendawo], wabamema wabalungiselela idili wabe esebanika umfazi ngamunye umkhephe [ummese] wathi [kuYusufi]: "Phuma bakubone". Kuthe bembona bambabaza bazisika izandla bathi: "u Allah makangcweiswe, akusiyena umuntu phela lona, ingelosi ehloniphekile uqobo".

قَالَتۡ فَذَٰلِكُنَّ ٱلَّذِي لُمۡتُنَّنِي فِيهِۖ وَلَقَدۡ رَٰوَدتُّهُۥ عَن نَّفۡسِهِۦ فَٱسۡتَعۡصَمَۖ وَلَئِن لَّمۡ يَفۡعَلۡ مَآ ءَامُرُهُۥ لَيُسۡجَنَنَّ وَلَيَكُونٗا مِّنَ ٱلصَّٰغِرِينَ ٣٢

32. Wathi [umfazi wesikhulu]: "Yikonake lokhu ebeningisola ningigxeka ngakho, impela ngizamile ukumncenga ukulala naye kepha wenqaba. Kodwake uma engakwenzi lokhu engimyalela kona uyobhadla ejele futhi akuyikuba yinto yalutho".

قَالَ رَبِّ ٱلسِّجۡنُ أَحَبُّ إِلَيَّ مِمَّا يَدۡعُونَنِيٓ إِلَيۡهِۖ وَإِلَّا تَصۡرِفۡ عَنِّي كَيۡدَهُنَّ أَصۡبُ إِلَيۡهِنَّ وَأَكُن مِّنَ ٱلۡجَٰهِلِينَ ٣٣

33. Wathi [uYusufu]: "Nkosi yami, ijele yilona engilithandayo kunalokho abangibizela kukho. Uma ungaluqhelisi uzungu lwabo kimi, ngiyolingeka ngabo ngibe omunye weziwula".

فَٱسۡتَجَابَ لَهُۥ رَبُّهُۥ فَصَرَفَ عَنۡهُ كَيۡدَهُنَّۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلۡعَلِيمُ ٣٤

34. INkosi yakhe yamphendula, yaqhelisa uzungu lwabo kuye, phela Ungozwayo Owaziyo.

ثُمَّ بَدَا لَهُم مِّنۢ بَعۡدِ مَا رَأَوُاْ ٱلۡأٓيَٰتِ لَيَسۡجُنُنَّهُۥ حَتَّىٰ حِينٖ ٣٥

35. Emuva kokubona ubufakazi [bobumsulwa bukaYusufi], babona kungcono bamfake ejele undendende.

وَدَخَلَ مَعَهُ ٱلسِّجْنَ فَتَيَانِۖ قَالَ أَحَدُهُمَآ إِنِّيٓ أَرَىٰنِيٓ أَعْصِرُ خَمْرًاۖ وَقَالَ ٱلْءَاخَرُ إِنِّيٓ أَرَىٰنِيٓ أَحْمِلُ فَوْقَ رَأْسِي خُبْزًا تَأْكُلُ ٱلطَّيْرُ مِنْهُۖ نَبِّئْنَا بِتَأْوِيلِهِۦٓۖ إِنَّا نَرَىٰكَ مِنَ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٣٦﴾

36. Wangena namabhungu amabili ejele, omunye walo wathi: "Ngiphuphe ngivova utshwala". Lona omuunye wathi: "Mina ngiphuphe ngithwele isinkwa ekhanda sidliwa izinyoni". [base ethi womabili]: "Ake usilandise ngencazelo yawo, impela sikubona ungumuntu oqotho".

قَالَ لَا يَأْتِيكُمَا طَعَامٌ تُرْزَقَانِهِۦٓ إِلَّا نَبَّأْتُكُمَا بِتَأْوِيلِهِۦ قَبْلَ أَن يَأْتِيَكُمَاۚ ذَٰلِكُمَا مِمَّا عَلَّمَنِي رَبِّيٓۚ إِنِّي تَرَكْتُ مِلَّةَ قَوْمٍ لَّا يُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَهُم بِٱلْءَاخِرَةِ هُمْ كَٰفِرُونَ ﴿٣٧﴾

37. Wathi: "Kuyothi kungakafiki ukudla eniphakelwa kona, ngiyobe senginilandisile ngencazelo yawo ngaphambi kokuthi kufike kini. Phela lokhu ngokunye engikufundiswe iNkosi yami. Bheka ngoba ngayishiya phansi inkolo yabantu abangakholelwa ku Allah futhi benjalo nje baphikha uSuku lokuGcina".

وَٱتَّبَعْتُ مِلَّةَ ءَابَآءِيٓ إِبْرَٰهِيمَ وَإِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَۚ مَا كَانَ لَنَآ أَن نُّشْرِكَ بِٱللَّهِ مِن شَىْءٍۚ ذَٰلِكَ مِن فَضْلِ ٱللَّهِ عَلَيْنَا وَعَلَى ٱلنَّاسِ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَشْكُرُونَ ﴿٣٨﴾

38. Ngabeke sengilandela inkolo yokhokho bami u Ibhirahimu no Isihaki noYakubu. Impela sasingenalo igunya lokubhanqa u Allah nanoma yini. Lokho isibusiso sika Allah kithi nakusintu kepha iningi labantu alibongi.

يَٰصَٰحِبَيِ ٱلسِّجْنِ ءَأَرْبَابٌ مُّتَفَرِّقُونَ خَيْرٌ أَمِ ٱللَّهُ ٱلْوَٰحِدُ ٱلْقَهَّارُ ﴿٣٩﴾

39. Balingani bami ejele, ingabe izikhonzwa ezahlukahlukene zingcono kuno Allah Oyedwa Ongumlawuli na?

مَا تَعۡبُدُونَ مِن دُونِهِۦٓ إِلَّآ أَسۡمَآءٗ سَمَّيۡتُمُوهَآ أَنتُمۡ وَءَابَآؤُكُم مَّآ أَنزَلَ ٱللَّهُ بِهَا مِن سُلۡطَٰنٍۚ إِنِ ٱلۡحُكۡمُ إِلَّا لِلَّهِۚ أَمَرَ أَلَّا تَعۡبُدُوٓاْ إِلَّآ إِيَّاهُۚ ذَٰلِكَ ٱلدِّينُ ٱلۡقَيِّمُ وَلَٰكِنَّ أَكۡثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعۡلَمُونَ ﴿٤٠﴾

40. Lokho enikukhonzayo ngaphandle kwakhe amagama nje eniziqambele wona nina nokhokho benu angenabufakazi u Allah abumbulele. Ukwahlulela [nombuso] kungokuka Allah kuphela. Uyalele ukuba ningakhonzi lutho ngaphandle kwaKhe. Leyo-ke iyona nkolo eqondile kepha iningi labantu abazi.

يَٰصَٰحِبَيِ ٱلسِّجۡنِ أَمَّآ أَحَدُكُمَا فَيَسۡقِي رَبَّهُۥ خَمۡرٗاۖ وَأَمَّا ٱلۡأٓخَرُ فَيُصۡلَبُ فَتَأۡكُلُ ٱلطَّيۡرُ مِن رَّأۡسِهِۦۚ قُضِيَ ٱلۡأَمۡرُ ٱلَّذِي فِيهِ تَسۡتَفۡتِيَانِ ﴿٤١﴾

41. Balingani bami ejele, omunye wenu uyothelela inkosi yakhe [ebusayo] utshwala, kuthi omunye wenu yena uyophanyekwa abethelwe izinyoni zidle ekhanda lakhe. Udaba lolu ebenibuza ngalo seluphothuliwe.

وَقَالَ لِلَّذِي ظَنَّ أَنَّهُۥ نَاجٖ مِّنۡهُمَا ٱذۡكُرۡنِي عِندَ رَبِّكَ فَأَنسَىٰهُ ٱلشَّيۡطَٰنُ ذِكۡرَ رَبِّهِۦ فَلَبِثَ فِي ٱلسِّجۡنِ بِضۡعَ سِنِينَ ﴿٤٢﴾

42. Wabe esethi kulona ayenethemba lokhuthi uyosinda [ekufeni]: "Ungibalule enkosini yakho", kepha uShayitani wamlibazisa wakhohlwa ukumbalula enkosini yakhe. Ngakhoke [uYusufu] wahlala futhi ejele iminyakana.

وَقَالَ ٱلۡمَلِكُ إِنِّيٓ أَرَىٰ سَبۡعَ بَقَرَٰتٖ سِمَانٖ يَأۡكُلُهُنَّ سَبۡعٌ عِجَافٞ وَسَبۡعَ سُنۢبُلَٰتٍ خُضۡرٖ وَأُخَرَ يَابِسَٰتٖۖ يَٰٓأَيُّهَا ٱلۡمَلَأُ أَفۡتُونِي فِي رُءۡيَايَ إِن كُنتُمۡ لِلرُّءۡيَا تَعۡبُرُونَ ﴿٤٣﴾

43. Yathi inkosi [ngelinye ilanga]: "Ngiphuphe izinkomo eziyisikhombisa ezinonile zidliwa ezinye eziyisikhombisa ezizacile, ngabona nezikwebu eziluhlaza nezinye ezomile; zikhulu, ngiboniseni ngephupho lami uma nikwazi ukuchaza amaphupho".

44. Bathi: "Imbudane yephupho, asikwazike thina ukuchaza imbudane yamaphupho".

قَالُوٓاْ أَضۡغَٰثُ أَحۡلَٰمٖۖ وَمَا نَحۡنُ بِتَأۡوِيلِ ٱلۡأَحۡلَٰمِ بِعَٰلِمِينَ ﴿٤٤﴾

45. Lona omunye wababili [ababeboshiwe] owasinda [ekufeni] wakhumbula mveni wathi: "Mina nginganilandisa ngencazelo yalo, ngakhoke thumani mina [kuYusufu]".

وَقَالَ ٱلَّذِي نَجَا مِنۡهُمَا وَٱدَّكَرَ بَعۡدَ أُمَّةٍ أَنَا۠ أُنَبِّئُكُم بِتَأۡوِيلِهِۦ فَأَرۡسِلُونِ ﴿٤٥﴾

46. Yusufu, wena oneqiniso sichazele ngezinkomo eziyisikhombisa ezinonile ezidliwa ezinye eziyisikhombisa ezizacile, ukuze ngibuyele emuva kubantu hleze babe nolwazi.

يُوسُفُ أَيُّهَا ٱلصِّدِّيقُ أَفۡتِنَا فِي سَبۡعِ بَقَرَٰتٖ سِمَانٖ يَأۡكُلُهُنَّ سَبۡعٌ عِجَافٞ وَسَبۡعِ سُنۢبُلَٰتٍ خُضۡرٖ وَأُخَرَ يَابِسَٰتٖ لَّعَلِّيٓ أَرۡجِعُ إِلَى ٱلنَّاسِ لَعَلَّهُمۡ يَعۡلَمُونَ ﴿٤٦﴾

47. Wathi [uYusufu]: "Nizolima iminyaka eyisikhombisa ilandelana bese kuthi konke enikuvunile nikuyeke esikwebini sakho ngaphandle kwalokho okuncane okumele nikudle".

قَالَ تَزۡرَعُونَ سَبۡعَ سِنِينَ دَأَبٗا فَمَا حَصَدتُّمۡ فَذَرُوهُ فِي سُنۢبُلِهِۦٓ إِلَّا قَلِيلٗا مِّمَّا تَأۡكُلُونَ ﴿٤٧﴾

48. Emuva kwalokho kuyofika iminyaka eyisikhombisa enzima [isomiso] iyodla konke lokhu enikuvunile phambilini [abantu bayokuqeda] ngaphandle kwalokho okuncane enikulondolozile.

ثُمَّ يَأۡتِي مِنۢ بَعۡدِ ذَٰلِكَ سَبۡعٞ شِدَادٞ يَأۡكُلۡنَ مَا قَدَّمۡتُمۡ لَهُنَّ إِلَّا قَلِيلٗا مِّمَّا تُحۡصِنُونَ ﴿٤٨﴾

49. Emuva kalokhoke kuyofika unyaka abantu bayothola inala kuwo inala lemvula futhi bayobe bevova [izitshalo ezikhanywayo ukwenza iziphuzo].

ثُمَّ يَأۡتِي مِنۢ بَعۡدِ ذَٰلِكَ عَامٞ فِيهِ يُغَاثُ ٱلنَّاسُ وَفِيهِ يَعۡصِرُونَ ﴿٤٩﴾

وَقَالَ ٱلْمَلِكُ ٱئْتُونِى بِهِۦ ۖ فَلَمَّا جَآءَهُ ٱلرَّسُولُ قَالَ ٱرْجِعْ إِلَىٰ رَبِّكَ فَسْـَٔلْهُ مَا بَالُ ٱلنِّسْوَةِ ٱلَّٰتِى قَطَّعْنَ أَيْدِيَهُنَّ ۚ إِنَّ رَبِّى بِكَيْدِهِنَّ عَلِيمٌ ﴿٥٠﴾

50. Inkosi yathi: "Mletheni kimi [uYusufu belu]". Kuthe lapho isigijimi sifika kuye wathi: "buyela enkosini yakho, uyibuze ukuthi kwakwenzenjani ngabafazi abazisika izandla. Impela inkosi yami yazi kahle ngamaqhinga abo".

قَالَ مَا خَطْبُكُنَّ إِذْ رَٰوَدتُّنَّ يُوسُفَ عَن نَّفْسِهِۦ ۚ قُلْنَ حَٰشَ لِلَّهِ مَا عَلِمْنَا عَلَيْهِ مِن سُوٓءٍ ۚ قَالَتِ ٱمْرَأَتُ ٱلْعَزِيزِ ٱلْـَٰٔنَ حَصْحَصَ ٱلْحَقُّ أَنَا۠ رَٰوَدتُّهُۥ عَن نَّفْسِهِۦ وَإِنَّهُۥ لَمِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿٥١﴾

51. Yathi [inkosi]: "Kwakwenzenjani mhla nincenga uYusufu ukuba alale nani na?" Bathi [abafazi]: "u Allah makagcweliswe, akukho okubi esimazela kona". Umfazi wesikhulu wathi: "Manje iqiniso selivele obala, yimina engangimncenga ukulala naye futhi ubeqinisile".

ذَٰلِكَ لِيَعْلَمَ أَنِّى لَمْ أَخُنْهُ بِٱلْغَيْبِ وَأَنَّ ٱللَّهَ لَا يَهْدِى كَيْدَ ٱلْخَآئِنِينَ ﴿٥٢﴾

52. [uYusufu wathi] "Lokho, ukuze azi [isikhulu] ukuthi angizange ngingathembeki kuye lapho engekho, nokuthi u Allah akaliphumelelisi iqhinga labangathembekile".

* وَمَآ أُبَرِّئُ نَفْسِىٓ ۚ إِنَّ ٱلنَّفْسَ لَأَمَّارَةٌۢ بِٱلسُّوٓءِ إِلَّا مَا رَحِمَ رَبِّىٓ ۚ إِنَّ رَبِّى غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٥٣﴾

53. Futhi angizenzi msulwa ngokuba umphefumulo unokuyalela ngokubi ngaphandle kwalowo iNkosi yami ebe nomusa kuye. Nebala iNkosi yami Iyathethelela Inesihawu.

وَقَالَ ٱلْمَلِكُ ٱئْتُونِى بِهِۦٓ أَسْتَخْلِصْهُ لِنَفْسِى ۖ فَلَمَّا كَلَّمَهُۥ قَالَ إِنَّكَ ٱلْيَوْمَ لَدَيْنَا مَكِينٌ أَمِينٌ ﴿٥٤﴾

54. Inkosi yathi: "Mletheni kimi ngizoziqokela yena". Kuthe lapho esekhuluma naye [uYusufu] yathi: "Kusukela namhlanje ungohloniphekile nothembekile kithi".

55. Wathi: "Ngiphe isikhundla sokuphatha iziqolobane zomhlaba ngokuba ngiyanakekela futhi nginolwazi".

قَالَ ٱجۡعَلۡنِي عَلَىٰ خَزَآئِنِ ٱلۡأَرۡضِۖ إِنِّي حَفِيظٌ عَلِيمٞ ٥٥

56. Sambeka kanjalo uYusufu emhlabeni [waseMisiri] wakha lapho ethanda khona. Ngomusa wethu sibusisa esimthandayo futhi asiwuchithi umvuzo walabo abenza okuhle.

وَكَذَٰلِكَ مَكَّنَّا لِيُوسُفَ فِي ٱلۡأَرۡضِ يَتَبَوَّأُ مِنۡهَا حَيۡثُ يَشَآءُۚ نُصِيبُ بِرَحۡمَتِنَا مَن نَّشَآءُۖ وَلَا نُضِيعُ أَجۡرَ ٱلۡمُحۡسِنِينَ ٥٦

57. Kanti futhi umvuzo wakwelizayo yiwona ongcono kulabo abakholwayo futhi abathobela intando ka Allah.

وَلَأَجۡرُ ٱلۡأٓخِرَةِ خَيۡرٞ لِّلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَكَانُواْ يَتَّقُونَ ٥٧

58. Abafowabo bakaYusufu bafika [eMisiri] bangena ekhona, wababona [ukuthi abafowabo] kepha bona babengamboni [ukuthi uYusufu].

وَجَآءَ إِخۡوَةُ يُوسُفَ فَدَخَلُواْ عَلَيۡهِ فَعَرَفَهُمۡ وَهُمۡ لَهُۥ مُنكِرُونَ ٥٨

59. Kuthe lapho esebalungiselele umgodla wabo wathi: "Nibongilethela umfowenu enizalwana naye nguyihlo; bhekani ngoba ngininika isikali esigcwele futhi ngiziphatha kahle izivakashi".

وَلَمَّا جَهَّزَهُم بِجَهَازِهِمۡ قَالَ ٱئۡتُونِي بِأَخٖ لَّكُم مِّنۡ أَبِيكُمۡۚ أَلَا تَرَوۡنَ أَنِّيٓ أُوفِي ٱلۡكَيۡلَ وَأَنَا۠ خَيۡرُ ٱلۡمُنزِلِينَ ٥٩

60. Uma ningangiletheli yena, akukho engiyokunikalela kona futhi ningasasondeli [ningasabuyi].

فَإِن لَّمۡ تَأۡتُونِي بِهِۦ فَلَا كَيۡلَ لَكُمۡ عِندِي وَلَا تَقۡرَبُونِ ٦٠

61. Bathi: "Sizoncenga uyise ngaye futhi sizokwenza impela".

قَالُواْ سَنُرَٰوِدُ عَنۡهُ أَبَاهُ وَإِنَّا لَفَٰعِلُونَ ٦١

62. Wathi kuzinceku zakhe: "Shuthekani imali yabo kumithwalo yabo, ukuze bayibone lapho befika emndenini wabo hleze babuye".

وَقَالَ لِفِتْيَٰنِهِ ٱجْعَلُوا۟ بِضَٰعَتَهُمْ فِى رِحَالِهِمْ لَعَلَّهُمْ يَعْرِفُونَهَآ إِذَا ٱنقَلَبُوٓا۟ إِلَىٰٓ أَهْلِهِمْ لَعَلَّهُمْ يَرْجِعُونَ ﴿٦٢﴾

63. Kuthe lapho sebebuyele kuyise wabo bathi: "Baba wethu, sesinqatshelwe ukuba sikalelwe ngakhoke dedela umfowethu ahambe nathi sizokwazi ukukala [ukudla] futhi sizomvikela".

فَلَمَّا رَجَعُوٓا۟ إِلَىٰٓ أَبِيهِمْ قَالُوا۟ يَٰٓأَبَانَا مُنِعَ مِنَّا ٱلْكَيْلُ فَأَرْسِلْ مَعَنَآ أَخَانَا نَكْتَلْ وَإِنَّا لَهُۥ لَحَٰفِظُونَ ﴿٦٣﴾

64. Wathi: "Nifuna nginithembe ngaye njengoba nganithemba ngomfowabo phambilini, u Allah kuphela ongumvikeli ongcono futhi unomusa kunabo bonke abanomusa".

قَالَ هَلْ ءَامَنُكُمْ عَلَيْهِ إِلَّا كَمَآ أَمِنتُكُمْ عَلَىٰٓ أَخِيهِ مِن قَبْلُ فَٱللَّهُ خَيْرٌ حَٰفِظًا ۖ وَهُوَ أَرْحَمُ ٱلرَّٰحِمِينَ ﴿٦٤﴾

65. Bathe uma bevula imithwalo yabo bathola imali yabo ibuyiselwe kubo, bathi: "Baba wethu, yikuphi esikufunayo [okudlula lokhu], nansi imali yethu ibuyiselwe kithi, sizokhona ukutholela umndeni wethu ukudla sivikele nomfowethu siphinde sithole isikali sekameli esengeziwe, leso isikali esilula".

وَلَمَّا فَتَحُوا۟ مَتَٰعَهُمْ وَجَدُوا۟ بِضَٰعَتَهُمْ رُدَّتْ إِلَيْهِمْ ۖ قَالُوا۟ يَٰٓأَبَانَا مَا نَبْغِى ۖ هَٰذِهِۦ بِضَٰعَتُنَا رُدَّتْ إِلَيْنَا ۖ وَنَمِيرُ أَهْلَنَا وَنَحْفَظُ أَخَانَا وَنَزْدَادُ كَيْلَ بَعِيرٍ ۖ ذَٰلِكَ كَيْلٌ يَسِيرٌ ﴿٦٥﴾

66. Wathi [uYakubu]: "Angisoze ngamadedela ahambe nani kuze kuba ningipha isiqiniseko ngo Allah ukuthi niyombuyisa kimi ngaphandleke uma kwenzeka okungaphezu kwamandla enu". Kuthe lapho sebemunikeze isiqiniseko sabo wathi: "u Allah ungufakazi kulokho enikushoyo".

قَالَ لَنْ أُرْسِلَهُۥ مَعَكُمْ حَتَّىٰ تُؤْتُونِ مَوْثِقًا مِّنَ ٱللَّهِ لَتَأْتُنَّنِى بِهِۦٓ إِلَّآ أَن يُحَاطَ بِكُمْ ۖ فَلَمَّآ ءَاتَوْهُ مَوْثِقَهُمْ قَالَ ٱللَّهُ عَلَىٰ مَا نَقُولُ وَكِيلٌ ﴿٦٦﴾

67. Wathi: "Bantwana bami, ningangeni ngesango elilodwa kepha ningene ngamasango ehlukene, futhi ayikho into enginganisiza ngayo ku Allah, ngokuba isinqumo ngesika Allah, ngithembele kuYe futhi abathembayo kumele bathembele kuYe".

وَقَالَ يَٰبَنِيَّ لَا تَدۡخُلُواْ مِنۢ بَابٖ وَٰحِدٖ وَٱدۡخُلُواْ مِنۡ أَبۡوَٰبٖ مُّتَفَرِّقَةٖۖ وَمَآ أُغۡنِي عَنكُم مِّنَ ٱللَّهِ مِن شَيۡءٍۖ إِنِ ٱلۡحُكۡمُ إِلَّا لِلَّهِۖ عَلَيۡهِ تَوَكَّلۡتُۖ وَعَلَيۡهِ فَلۡيَتَوَكَّلِ ٱلۡمُتَوَكِّلُونَ ٦٧

68. Kuthe lapho sebengenile ngokomyalelo kayise wabo – akukho lutho abengabasiza ngakho ku Allah, kwakumane kuyisifiso emphefumulweni kaYakubu ayefuna ukusifeza. Futhi impela unolwazi ngalokho esimufundise kona kepha iningi labantu alazi.

وَلَمَّا دَخَلُواْ مِنۡ حَيۡثُ أَمَرَهُمۡ أَبُوهُم مَّا كَانَ يُغۡنِي عَنۡهُم مِّنَ ٱللَّهِ مِن شَيۡءٍ إِلَّا حَاجَةٗ فِي نَفۡسِ يَعۡقُوبَ قَضَىٰهَاۚ وَإِنَّهُۥ لَذُو عِلۡمٖ لِّمَا عَلَّمۡنَٰهُ وَلَٰكِنَّ أَكۡثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعۡلَمُونَ ٦٨

69. Kuthe lapho bengena kuYusufu wamanga umfowabo wathi [emhlebela]: "Ngingumfowenu, ngakhoke ungazikhathazi ngalokho abakwenza".

وَلَمَّا دَخَلُواْ عَلَىٰ يُوسُفَ ءَاوَىٰٓ إِلَيۡهِ أَخَاهُۖ قَالَ إِنِّيٓ أَنَا۠ أَخُوكَ فَلَا تَبۡتَئِسۡ بِمَا كَانُواْ يَعۡمَلُونَ ٦٩

70. Kwathi esebalungisele imigodla yabo, washutheka isitsha kumthwalo kamfowabo maqede kwamemeza isimemezi [sathi]: "Nina benqola ningamasela".

فَلَمَّا جَهَّزَهُم بِجَهَازِهِمۡ جَعَلَ ٱلسِّقَايَةَ فِي رَحۡلِ أَخِيهِ ثُمَّ أَذَّنَ مُؤَذِّنٌ أَيَّتُهَا ٱلۡعِيرُ إِنَّكُمۡ لَسَٰرِقُونَ ٧٠

71. Baphenduka bathi: "nilahlekelwe yini na?"

قَالُواْ وَأَقۡبَلُواْ عَلَيۡهِم مَّاذَا تَفۡقِدُونَ ٧١

72. Bathi: "Silahlekelwe isitsha senkosi futhi oyosiletha uzothola umthwalo wekameli [wokudla] futhi ngiyakuqinisekisa lokho".

قَالُواْ نَفۡقِدُ صُوَاعَ ٱلۡمَلِكِ وَلِمَن جَآءَ بِهِۦ حِمۡلُ بَعِيرٖ وَأَنَا۠ بِهِۦ زَعِيمٞ ٧٢

73. Bathi: "Siyafunga ngo Allah, niyazi ukuthi asizanga ukuzokona ezweni futhi asikaze sibe amasela".

قَالُواْ تَٱللَّهِ لَقَدۡ عَلِمۡتُم مَّا جِئۡنَا لِنُفۡسِدَ فِي ٱلۡأَرۡضِ وَمَا كُنَّا سَٰرِقِينَ ٧٣

74. Bathi: "Kuyoba yini isijeziso sakhe [lowo oyisela] uma [kuvela] ukuthi ninamanga?"

قَالُواْ فَمَا جَزَٰٓؤُهُۥٓ إِن كُنتُمۡ كَٰذِبِينَ ٧٤

75. Bathi: "Isijeziso salowo [isitsha] esitholakala kumthwalo wakhe kuyoba nguyena siqu sakhe, thina sizijezisa kanjalo iziphambuki".

قَالُواْ جَزَٰٓؤُهُۥ مَن وُجِدَ فِي رَحۡلِهِۦ فَهُوَ جَزَٰٓؤُهُۥۚ كَذَٰلِكَ نَجۡزِي ٱلظَّٰلِمِينَ ٧٥

76. Waqala ngemithwalo yabo [ephenya] ngaphambi kokamfowabo maqede wasikhipha kumthwalo kamfowabo. Samcebisa kanjalo uYusufu, ubengeke akhone ukuthatha umfowabo ngokwenkambiso yenkosi ngaphandle uma ethanda [enye indlela]. Siphakamisa izigaba zalabo esibathandayo, futhi ngaphezu kwalowo onolwazi kunomunye owazi kangcono.

فَبَدَأَ بِأَوۡعِيَتِهِمۡ قَبۡلَ وِعَآءِ أَخِيهِ ثُمَّ ٱسۡتَخۡرَجَهَا مِن وِعَآءِ أَخِيهِۚ كَذَٰلِكَ كِدۡنَا لِيُوسُفَۖ مَا كَانَ لِيَأۡخُذَ أَخَاهُ فِي دِينِ ٱلۡمَلِكِ إِلَّآ أَن يَشَآءَ ٱللَّهُۚ نَرۡفَعُ دَرَجَٰتٖ مَّن نَّشَآءُۗ وَفَوۡقَ كُلِّ ذِي عِلۡمٍ عَلِيمٞ ٧٦

77. Bathi: "Uma ebile, phambilini umfowabo naye weba". uYusufu wakugcina ngaphakathi wangabavezela, wathi: "Nina okwenu kubi ngokwendlulele], futhi u Allah ukwazi kahle enikuphawulayo".

۞ قَالُوٓاْ إِن يَسۡرِقۡ فَقَدۡ سَرَقَ أَخٞ لَّهُۥ مِن قَبۡلُۚ فَأَسَرَّهَا يُوسُفُ فِي نَفۡسِهِۦ وَلَمۡ يُبۡدِهَا لَهُمۡۚ قَالَ أَنتُمۡ شَرّٞ مَّكَانٗاۖ وَٱللَّهُ أَعۡلَمُ بِمَا تَصِفُونَ ٧٧

78. Bathi: "Mhlonishwa, unobaba oyixhegu ogugile, ngakhoke thatha omunye wethu endaweni yakhe, impela sikubona ungomunye wabenza okuhle".

قَالُواْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلۡعَزِيزُ إِنَّ لَهُۥٓ أَبٗا شَيۡخٗا كَبِيرٗا فَخُذۡ أَحَدَنَا مَكَانَهُۥٓۖ إِنَّا نَرَىٰكَ مِنَ ٱلۡمُحۡسِنِينَ ٧٨

قَالَ مَعَاذَ ٱللَّهِ أَن نَّأۡخُذَ إِلَّا مَن وَجَدۡنَا مَتَٰعَنَا عِندَهُۥٓ إِنَّآ إِذٗا لَّظَٰلِمُونَ ٧٩

79. Wathi: "u Allah asivikele ukuba sithathe omunye ngaphandle kwalowo esithole kuye impahla yethu, funa sibe ngabaphambukile".

فَلَمَّا ٱسۡتَيۡـَٔسُواْ مِنۡهُ خَلَصُواْ نَجِيّٗاۖ قَالَ كَبِيرُهُمۡ أَلَمۡ تَعۡلَمُوٓاْ أَنَّ أَبَاكُمۡ قَدۡ أَخَذَ عَلَيۡكُم مَّوۡثِقٗا مِّنَ ٱللَّهِ وَمِن قَبۡلُ مَا فَرَّطتُّمۡ فِي يُوسُفَۖ فَلَنۡ أَبۡرَحَ ٱلۡأَرۡضَ حَتَّىٰ يَأۡذَنَ لِيٓ أَبِيٓ أَوۡ يَحۡكُمَ ٱللَّهُ لِيۖ وَهُوَ خَيۡرُ ٱلۡحَٰكِمِينَ ٨٠

80. Kuthe lapho sebelahle ithemba ngaye, babhunga ngasese, wathi okunguyena omdala kubo: "Anisazi yini ukuthi ubaba wenu wenze isibopho nani ngo Allah futhi naphambilini lokhu enakwenza kuYusufu, ngakhoke mina angisasuki kulendawo kuze ubaba wami uyangivumela [ukubuyela ekhaya] noma u Allah kube nguYena ongehlulelayo futhi unguMehluleli oyigcweti".

ٱرۡجِعُوٓاْ إِلَىٰٓ أَبِيكُمۡ فَقُولُواْ يَٰٓأَبَانَآ إِنَّ ٱبۡنَكَ سَرَقَ وَمَا شَهِدۡنَآ إِلَّا بِمَا عَلِمۡنَا وَمَا كُنَّا لِلۡغَيۡبِ حَٰفِظِينَ ٨١

81. Nina buyelani kubaba wenu nifike nithi: "Baba wethu, indodana yakho yebile futhi sifakaze ngalokho esikwaziyo futhi besingeke sikwazi ukuvikela okungabonwayo".

وَسۡـَٔلِ ٱلۡقَرۡيَةَ ٱلَّتِي كُنَّا فِيهَا وَٱلۡعِيرَ ٱلَّتِيٓ أَقۡبَلۡنَا فِيهَاۖ وَإِنَّا لَصَٰدِقُونَ ٨٢

82. Ungabuza nabantu bendawo lapho ebesikhona nabenqola lena esifike ngayo, impela siqinisile.

قَالَ بَلۡ سَوَّلَتۡ لَكُمۡ أَنفُسُكُمۡ أَمۡرٗاۖ فَصَبۡرٞ جَمِيلٌۖ عَسَى ٱللَّهُ أَن يَأۡتِيَنِي بِهِمۡ جَمِيعًاۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلۡعَلِيمُ ٱلۡحَكِيمُ ٨٣

83. Wathi [uYakubu]: "Empeleni niyengwe imiphefumulo ngokuthile. Kepha ukubekezela ikona okuhle. Kungekudala u Allah uzobaletha kimi bonke. Nebala Yena Ungowaziyo Okhaliphile".

وَتَوَلَّىٰ عَنْهُمْ وَقَالَ يَٰٓأَسَفَىٰ عَلَىٰ يُوسُفَ وَٱبْيَضَّتْ عَيْنَاهُ مِنَ ٱلْحُزْنِ فَهُوَ كَظِيمٌ ﴿٨٤﴾

84. Wabashiya kanjalo wathi: "Hawu kodwa ngoYusufu". Amehlo akhe [izinhlavu lezi ezimnyama]aze aba mhlophe ngenxa yosizi; futhi wayehlala edangele.

قَالُواْ تَٱللَّهِ تَفْتَؤُاْ تَذْكُرُ يُوسُفَ حَتَّىٰ تَكُونَ حَرَضًا أَوْ تَكُونَ مِنَ ٱلْهَٰلِكِينَ ﴿٨٥﴾

85. Athi [amadodana akhe]: "Uzolokhu uqhubeka ukhumbula uYusufu uze ugule kanzima noma ubhubhe imbala, simfunge u Allah".

قَالَ إِنَّمَآ أَشْكُواْ بَثِّى وَحُزْنِىٓ إِلَى ٱللَّهِ وَأَعْلَمُ مِنَ ٱللَّهِ مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿٨٦﴾

86. Wathi: "Ukudabuka kwami nosizi lwami ngilubalisela u Allah kuphela futhi ngazi ngo Allah lokho nina eningakwazi".

يَٰبَنِىَّ ٱذْهَبُواْ فَتَحَسَّسُواْ مِن يُوسُفَ وَأَخِيهِ وَلَا تَاْيْـَٔسُواْ مِن رَّوْحِ ٱللَّهِ ۖ إِنَّهُۥ لَا يَاْيْـَٔسُ مِن رَّوْحِ ٱللَّهِ إِلَّا ٱلْقَوْمُ ٱلْكَٰفِرُونَ ﴿٨٧﴾

87. Madodana ami, hambani niyothungatha uYusufu nomfowabo futhi ningalahli ithemba ngomusa ka Allah, ngokuba abekho abalahla ithemba ngomusa ka Allah ngaphandle kwabantu abangakholwa.

فَلَمَّا دَخَلُواْ عَلَيْهِ قَالُواْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلْعَزِيزُ مَسَّنَا وَأَهْلَنَا ٱلضُّرُّ وَجِئْنَا بِبِضَٰعَةٍ مُّزْجَىٰةٍ فَأَوْفِ لَنَا ٱلْكَيْلَ وَتَصَدَّقْ عَلَيْنَآ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ يَجْزِى ٱلْمُتَصَدِّقِينَ ﴿٨٨﴾

88. Kuthe lapho bengena kuye [uYusufu] bathi: "Sikhulu, thina nomndeni wethu sihlaselwe yisomiso futhi siphethe nemali nje engatheni [besicela nje] usikalele futhi usinikelele, impela u Allah uyabahlomulisa labo abanikelayo".

قَالَ هَلْ عَلِمْتُم مَّا فَعَلْتُم بِيُوسُفَ وَأَخِيهِ إِذْ أَنتُمْ جَٰهِلُونَ ﴿٨٩﴾

89. Wathi: "Nisakwazi nje enakwenza kuYusufu umfowenu mhla nisaseyiziwula na?"

قَالُوٓاْ أَءِنَّكَ لَأَنتَ يُوسُفُۖ قَالَ أَنَا۠ يُوسُفُ وَهَٰذَآ أَخِيۖ قَدۡ مَنَّ ٱللَّهُ عَلَيۡنَآۖ إِنَّهُۥ مَن يَتَّقِ وَيَصۡبِرۡ فَإِنَّ ٱللَّهَ لَا يُضِيعُ أَجۡرَ ٱلۡمُحۡسِنِينَ ﴿٩٠﴾

90. Bathi: "Ingabe wena unguYusufu na?" Wathi: "Nginguyena uYusufu futhi lona umfowethu, u Allah usubusisile, ngokuba lowo othobela u Allah futhi abekezele, u Allah akawuchithi umvuzo walabo abenza okuhle".

قَالُواْ تَٱللَّهِ لَقَدۡ ءَاثَرَكَ ٱللَّهُ عَلَيۡنَا وَإِن كُنَّا لَخَٰطِـِٔينَ ﴿٩١﴾

91. Bathi: "Impela u Allah uqoke wena kunathi futhi besisephutheni, simfunge u Allah".

قَالَ لَا تَثۡرِيبَ عَلَيۡكُمُ ٱلۡيَوۡمَۖ يَغۡفِرُ ٱللَّهُ لَكُمۡۖ وَهُوَ أَرۡحَمُ ٱلرَّٰحِمِينَ ﴿٩٢﴾

92. Wathi: "Namhlanje angeke nisagxekwa, u Allah uzonithethelela ngokuba unomusa kunabo bonke abanomusa".

ٱذۡهَبُواْ بِقَمِيصِي هَٰذَا فَأَلۡقُوهُ عَلَىٰ وَجۡهِ أَبِي يَأۡتِ بَصِيرٗا وَأۡتُونِي بِأَهۡلِكُمۡ أَجۡمَعِينَ ﴿٩٣﴾

93. Hambani nesembatho sami lesi, nifike nisiphonse ebusweni bukababa ukubona, uzophinde akwazi ukubona futhi nibuye lapha kimi nemindeni yenu yonke".

وَلَمَّا فَصَلَتِ ٱلۡعِيرُ قَالَ أَبُوهُمۡ إِنِّي لَأَجِدُ رِيحَ يُوسُفَۖ لَوۡلَآ أَن تُفَنِّدُونِ ﴿٩٤﴾

94. Kuthe lapho inqola isinqamula izinkalo, uyise wabo wathi: "Nginukelwa iphunga likaYusufu ukube nje beningathathisi owesiphukuphuku".

قَالُواْ تَٱللَّهِ إِنَّكَ لَفِي ضَلَٰلِكَ ٱلۡقَدِيمِ ﴿٩٥﴾

95. Bathi: "Simfunge u Allah, usubuyele kulokuhema kwakho kwakudala".

فَلَمَّآ أَن جَآءَ ٱلۡبَشِيرُ أَلۡقَىٰهُ عَلَىٰ وَجۡهِهِۦ فَٱرۡتَدَّ بَصِيرٗاۖ قَالَ أَلَمۡ أَقُل لَّكُمۡ إِنِّيٓ أَعۡلَمُ مِنَ ٱللَّهِ مَا لَا تَعۡلَمُونَ ﴿٩٦﴾

96. Kuthe lapho umthuli wezindaba ezinhle efika wasiphonsela [isembatho] ebusweni bakhe [uYakubu] wakwazi ukubona. Wathi: "Anginitshelanga ukuthi ngazi ngo Allah nina lokhu eningakwazi na?"

97. Bathi: "Baba wethu sicelele intethelelo ngezimpambuko zethu, impela besisephutheni"

قَالُواْ يَـٰٓأَبَانَا ٱسۡتَغۡفِرۡ لَنَا ذُنُوبَنَآ إِنَّا كُنَّا خَٰطِـِٔينَ ﴿٩٧﴾

98. Wathi: "Maduzane nje ngizonicelela intethelelo eNkosini yami, nebala Yona Ingumthetheleli Onesihawu".

قَالَ سَوۡفَ أَسۡتَغۡفِرُ لَكُمۡ رَبِّيٓۖ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلۡغَفُورُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٩٨﴾

99. Kuthe lapho bengena kuYusufu wabanga abazali bakhe, wathi: "Ngenani eMisiri – ngentando ka Allah – niphephile"

فَلَمَّا دَخَلُواْ عَلَىٰ يُوسُفَ ءَاوَىٰٓ إِلَيۡهِ أَبَوَيۡهِ وَقَالَ ٱدۡخُلُواْ مِصۡرَ إِن شَآءَ ٱللَّهُ ءَامِنِينَ ﴿٩٩﴾

100. Wabeka abazali bakhe esihlalweni, bonke bamkhothamela. Wathi [uYusufu]: "Baba wami, lenake incazelo yephupho lami laphambilini, u Allah ulifezile. Futhi wangibusisa mhla engikhipha ejele waphinde waletha nina enisusa emaphandleni emuva kokuba uShayitani efake isihlava phakathi kwami nabafowethu. Impela iNkosi yami inesineke kulowo emthandayo; nebala Ingowaziyo Okhaliphile".

وَرَفَعَ أَبَوَيۡهِ عَلَى ٱلۡعَرۡشِ وَخَرُّواْ لَهُۥ سُجَّدٗاۖ وَقَالَ يَـٰٓأَبَتِ هَٰذَا تَأۡوِيلُ رُءۡيَـٰيَ مِن قَبۡلُ قَدۡ جَعَلَهَا رَبِّي حَقّٗاۖ وَقَدۡ أَحۡسَنَ بِيٓ إِذۡ أَخۡرَجَنِي مِنَ ٱلسِّجۡنِ وَجَآءَ بِكُم مِّنَ ٱلۡبَدۡوِ مِنۢ بَعۡدِ أَن نَّزَغَ ٱلشَّيۡطَٰنُ بَيۡنِي وَبَيۡنَ إِخۡوَتِيٓۚ إِنَّ رَبِّي لَطِيفٞ لِّمَا يَشَآءُۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلۡعَلِيمُ ٱلۡحَكِيمُ ﴿١٠٠﴾

101. Nkosi yami ungiphe ubukhosi waphinde wangifundisa ukuchaza amaphupho; Mdali wamazulu nomhlaba unguMhlengi wami emhlabeni nakwelizayo, ngenze ngife ngisase-yiMusilimu futhi ungihlanganise nalabo abaqotho.

* رَبِّ قَدۡ ءَاتَيۡتَنِي مِنَ ٱلۡمُلۡكِ وَعَلَّمۡتَنِي مِن تَأۡوِيلِ ٱلۡأَحَادِيثِۚ فَاطِرَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِ أَنتَ وَلِيِّۦ فِي ٱلدُّنۡيَا وَٱلۡأٓخِرَةِۖ تَوَفَّنِي مُسۡلِمٗا وَأَلۡحِقۡنِي بِٱلصَّٰلِحِينَ ﴿١٠١﴾

ذَٰلِكَ مِنْ أَنۢبَآءِ ٱلْغَيْبِ نُوحِيهِ إِلَيْكَ ۖ وَمَا كُنتَ لَدَيْهِمْ إِذْ أَجْمَعُوٓا۟ أَمْرَهُمْ وَهُمْ يَمْكُرُونَ ﴿١٠٢﴾

102. Lokho izindaba zokungabonwayo esizambulele kuwe. Ubungekho nabo mhla bevumelana ngodaba lwabo lapho bakha uzungu.

وَمَآ أَكْثَرُ ٱلنَّاسِ وَلَوْ حَرَصْتَ بِمُؤْمِنِينَ ﴿١٠٣﴾

103. Futhi iningi labantu alisibo abakholwayo noma ungazama kangakanani.

وَمَا تَسْـَٔلُهُمْ عَلَيْهِ مِنْ أَجْرٍ ۚ إِنْ هُوَ إِلَّا ذِكْرٌ لِّلْعَٰلَمِينَ ﴿١٠٤﴾

104. Futhi awubaceli mvuzo ngakho [ukubabonisa indlela], kuphela nje yisikhumbuzo sezizwe zonke.

وَكَأَيِّن مِّنْ ءَايَةٍ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ يَمُرُّونَ عَلَيْهَا وَهُمْ عَنْهَا مُعْرِضُونَ ﴿١٠٥﴾

105. Ziningi izibonakaliso [izinkomba] emazulwini nasemhlabeni abazindlulayo kepha bazishaye indiva.

وَمَا يُؤْمِنُ أَكْثَرُهُم بِٱللَّهِ إِلَّا وَهُم مُّشْرِكُونَ ﴿١٠٦﴾

106. Futhi iningi labo likholelwa ku Allah libe limbhangqa.

أَفَأَمِنُوٓا۟ أَن تَأْتِيَهُمْ غَٰشِيَةٌ مِّنْ عَذَابِ ٱللَّهِ أَوْ تَأْتِيَهُمُ ٱلسَّاعَةُ بَغْتَةً وَهُمْ لَا يَشْعُرُونَ ﴿١٠٧﴾

107. Ingabe bazibona bephephile yini esijezisweni sika Allah esihaqa uwonke wonke noma ekufikeni koSuku lokugcina bengazelele futhi benganakile na?.

قُلْ هَٰذِهِۦ سَبِيلِىٓ أَدْعُوٓا۟ إِلَى ٱللَّهِ ۚ عَلَىٰ بَصِيرَةٍ أَنَا۠ وَمَنِ ٱتَّبَعَنِى ۖ وَسُبْحَٰنَ ٱللَّهِ وَمَآ أَنَا۠ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿١٠٨﴾

108. Yithi: "Lena indlela yami, ngimemela ku Allah ngolwazi [oluqinisekisiwe] mina nalabo abangilandelayo – makangcweliswe u Allah- angisiye omunye wababhangqi".

وَمَآ أَرۡسَلۡنَا مِن قَبۡلِكَ إِلَّا رِجَالٗا نُّوحِيٓ إِلَيۡهِم مِّنۡ أَهۡلِ ٱلۡقُرَىٰٓۗ أَفَلَمۡ يَسِيرُواْ فِي ٱلۡأَرۡضِ فَيَنظُرُواْ كَيۡفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلَّذِينَ مِن قَبۡلِهِمۡۗ وَلَدَارُ ٱلۡأٓخِرَةِ خَيۡرٞ لِّلَّذِينَ ٱتَّقَواْۗ أَفَلَا تَعۡقِلُونَ ١٠٩

109. Futhi sathumela [njengeZithunywa] amadoda kuphela ngaphambi kwakho ebesiwembulela edabuka khona ezindaweni zabantu. Ingabe abawuhambi yini umhlaba ukuze babone ukuthi saba njani isiphetho salabo ababandulelayo. Futhi umuzi wakwelizayo yiwona ongcono kulabo abathobela u Allah, ngakhoke kungani ningaqondisisi na?

حَتَّىٰٓ إِذَا ٱسۡتَيۡـَٔسَ ٱلرُّسُلُ وَظَنُّوٓاْ أَنَّهُمۡ قَدۡ كُذِبُواْ جَآءَهُمۡ نَصۡرُنَا فَنُجِّيَ مَن نَّشَآءُۖ وَلَا يُرَدُّ بَأۡسُنَا عَنِ ٱلۡقَوۡمِ ٱلۡمُجۡرِمِينَ ١١٠

110. Kuze kwathi lapho iZithunywa ziqala ukulahlekelwa yithemba seziqinisekile ukuthi zithathwa njengabanamanga, lwafika usizo leThu kwasindiswa esibathandayo, futhi akekho ongavimba isijeziso seThu kubantu abayizigila mkhuba.

لَقَدۡ كَانَ فِي قَصَصِهِمۡ عِبۡرَةٞ لِّأُوْلِي ٱلۡأَلۡبَٰبِۗ مَا كَانَ حَدِيثٗا يُفۡتَرَىٰ وَلَٰكِن تَصۡدِيقَ ٱلَّذِي بَيۡنَ يَدَيۡهِ وَتَفۡصِيلَ كُلِّ شَيۡءٖ وَهُدٗى وَرَحۡمَةٗ لِّقَوۡمٖ يُؤۡمِنُونَ ١١١

111. Impela kunesifundo emilandweni yabo kulabo abakhaliphile. Phela [iKurani] ayisilo udaba olungaqanjiwe nje, kepha ifakazela lokho okungaphambi kwayo futhi icacisa yonke into futhi iholela endleleni eqondile futhi iwumusa kubantu abakholwayo.

(13) SURA RA'AD
UKUDUMA KWEZULU

سُورَةُ الرَّعْدِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Alif Lam Mim Ra; lena imibiko yeNcwadi [iKurani]. Nalokhu okwembulelwe kuwe [Muhamadi] kuvela eNkosini yakho kuyiqiniso kepha iningi labantu alikholwa.

الٓمٓرٰۚ تِلْكَ ءَايَٰتُ ٱلْكِتَٰبِۗ وَٱلَّذِىٓ أُنزِلَ إِلَيْكَ مِن رَّبِّكَ ٱلْحَقُّ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿١﴾

2. Ngu Allah lona ophakamise amazulu ngaphandle kwezinsika ezinibonayo, wabe esenyukela eSihlalweni. Futhi wajuba ilanga nenyanga, konke kuyahamba [kuzungeza] kuyoze kushaye isikhathi esibekiwe. Uhlela izinto aphinde ahlalusise imibiko ukuze nibe nesiqiniseko sokuthi niyohlangana neNkosi yenu.

ٱللَّهُ ٱلَّذِى رَفَعَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ بِغَيْرِ عَمَدٍ تَرَوْنَهَاۖ ثُمَّ ٱسْتَوَىٰ عَلَى ٱلْعَرْشِۖ وَسَخَّرَ ٱلشَّمْسَ وَٱلْقَمَرَۖ كُلٌّ يَجْرِى لِأَجَلٍ مُّسَمًّىۚ يُدَبِّرُ ٱلْأَمْرَ يُفَصِّلُ ٱلْءَايَٰتِ لَعَلَّكُم بِلِقَآءِ رَبِّكُمْ تُوقِنُونَ ﴿٢﴾

3. Futhi Nguye ondlale umhlaba wafaka kuwo izikhonkwane [izintaba] nemifula. Futhi kuzo zonke izithelo uzenze amabhangqa. Umboza imini ngobusuku. Impela kulokho kunezibonakaliso kubantu abacabanga bahlaziye.

وَهُوَ ٱلَّذِى مَدَّ ٱلْأَرْضَ وَجَعَلَ فِيهَا رَوَٰسِىَ وَأَنْهَٰرًاۖ وَمِن كُلِّ ٱلثَّمَرَٰتِ جَعَلَ فِيهَا زَوْجَيْنِ ٱثْنَيْنِۖ يُغْشِى ٱلَّيْلَ ٱلنَّهَارَۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يَتَفَكَّرُونَ ﴿٣﴾

وَفِي ٱلۡأَرۡضِ قِطَعٞ مُّتَجَٰوِرَٰتٞ وَجَنَّٰتٞ مِّنۡ أَعۡنَٰبٖ وَزَرۡعٞ وَنَخِيلٞ صِنۡوَانٞ وَغَيۡرُ صِنۡوَانٖ يُسۡقَىٰ بِمَآءٖ وَٰحِدٖ وَنُفَضِّلُ بَعۡضَهَا عَلَىٰ بَعۡضٖ فِي ٱلۡأُكُلِۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَٰتٖ لِّقَوۡمٖ يَعۡقِلُونَ ٤

4. Nasemhlabeni kunezingxenye ezakhelene ezinezivande zomvini nezinye izitshalo namasundu ayizixhomo nazimele, konke kunisela ngamanzi awodwa [imvula eyodwa], kepha senze ezinye zangcono kunezinye. Nebala, kulokho kunezibonakaliso kubantu abaqondisisayo.

وَإِن تَعۡجَبۡ فَعَجَبٞ قَوۡلُهُمۡ أَءِذَا كُنَّا تُرَٰبًا أَءِنَّا لَفِي خَلۡقٖ جَدِيدٍۗ أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ بِرَبِّهِمۡۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ ٱلۡأَغۡلَٰلُ فِيٓ أَعۡنَاقِهِمۡۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ أَصۡحَٰبُ ٱلنَّارِۖ هُمۡ فِيهَا خَٰلِدُونَ ٥

5. Uma umangala, okuyikona okumangazayo inkulumo yamo [ethi]: "Kuyothi lapho sesiyinhlabathi bese sidalwa kabusha na?" Yibona kanye labo abangakholelwa eNkosini yabo, futhi yibona kanye abo abayogaxwa amasongo ezintanyeni zabo, futhi yibona kanye labo abayongena eMlilweni babhadle kuwo unaphakade.

وَيَسۡتَعۡجِلُونَكَ بِٱلسَّيِّئَةِ قَبۡلَ ٱلۡحَسَنَةِ وَقَدۡ خَلَتۡ مِن قَبۡلِهِمُ ٱلۡمَثُلَٰتُۗ وَإِنَّ رَبَّكَ لَذُو مَغۡفِرَةٖ لِّلنَّاسِ عَلَىٰ ظُلۡمِهِمۡۖ وَإِنَّ رَبَّكَ لَشَدِيدُ ٱلۡعِقَابِ ٦

6. Makuphuthuma ngokubi ngaphambi kokuhle nakuba ziningi izijeziso esezandlula ngaphambi kwabo. Impela iNkosi yakho iyabathethelela abantu izimpambuko zabo, futhi injalo nje iNkosi yakho ijezisana kanzima.

وَيَقُولُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَوۡلَآ أُنزِلَ عَلَيۡهِ ءَايَةٞ مِّن رَّبِّهِۦٓۗ إِنَّمَآ أَنتَ مُنذِرٞۖ وَلِكُلِّ قَوۡمٍ هَادٖ ٧

7. Labo abangakholwa bathi: "Kungani engehliselwanga isibonakaliso esivela eNkosini yakhe na?" Phela wena [Muhamadi] ungumexwayisi nje kuphela kanti futhi sonke isizwe sinomholi.

ٱللَّهُ يَعۡلَمُ مَا تَحۡمِلُ كُلُّ أُنثَىٰ وَمَا تَغِيضُ ٱلۡأَرۡحَامُ وَمَا تَزۡدَادُۖ وَكُلُّ شَيۡءٍ عِندَهُۥ بِمِقۡدَارٍ ﴿٨﴾

8. U Allah uyakwazi lokho okwethwelwe owesifazane [esiswini] nalokho isisu esikunciphisayo nalokho esikwengezayo. Futhi yonke into kuYe ibekelwe umkhawulo.

عَٰلِمُ ٱلۡغَيۡبِ وَٱلشَّهَٰدَةِ ٱلۡكَبِيرُ ٱلۡمُتَعَالِ ﴿٩﴾

9. UnguMazi wokusesithe nalokho okusobala, futhi ungoMkhulu Ophakeme.

سَوَآءٌ مِّنكُم مَّنۡ أَسَرَّ ٱلۡقَوۡلَ وَمَن جَهَرَ بِهِۦ وَمَنۡ هُوَ مُسۡتَخۡفِۭ بِٱلَّيۡلِ وَسَارِبُۢ بِٱلنَّهَارِ ﴿١٠﴾

10. Kuyefana uma omunye wenu ekhulumela buthule noma ekhulumela phezulu noma lowo owenza izinto ngokufihla ebusuku noma lowo ozenza esindlangalaleni emini kwabha.

لَهُۥ مُعَقِّبَٰتٞ مِّنۢ بَيۡنِ يَدَيۡهِ وَمِنۡ خَلۡفِهِۦ يَحۡفَظُونَهُۥ مِنۡ أَمۡرِ ٱللَّهِۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُغَيِّرُ مَا بِقَوۡمٍ حَتَّىٰ يُغَيِّرُواْ مَا بِأَنفُسِهِمۡۗ وَإِذَآ أَرَادَ ٱللَّهُ بِقَوۡمٖ سُوٓءٗا فَلَا مَرَدَّ لَهُۥۚ وَمَا لَهُم مِّن دُونِهِۦ مِن وَالٖ ﴿١١﴾

11. Unezingelosi zaKhe [ezijutshwe kumuntu zisina zidedelana] ngaphambili nangemuva zimqaphile [umuntu] ngokuyalelwa ngu Allah. Impela u Allah akasoze aguqula isimo sabantu kuze kube yibona uqobo abasiguqulayo. Uma u Allah efuna ukubhubhisa abantu abathize akukho okuyomvimba futhi akekho ngaphandle kwaKhe oyobahlenga.

هُوَ ٱلَّذِي يُرِيكُمُ ٱلۡبَرۡقَ خَوۡفٗا وَطَمَعٗا وَيُنشِئُ ٱلسَّحَابَ ٱلثِّقَالَ ﴿١٢﴾

12. NguYena lona onikhombisa umbani onilethela ukwesaba kanye nethemba [lemvula] aphinde okhanda ifu elisindayo.

وَيُسَبِّحُ ٱلرَّعۡدُ بِحَمۡدِهِۦ وَٱلۡمَلَٰٓئِكَةُ مِنۡ خِيفَتِهِۦ وَيُرۡسِلُ ٱلصَّوَٰعِقَ فَيُصِيبُ بِهَا

13. Futhi ukuduma kwezulu kubabaza udumo luka Allah kanjalo nezingelosi ngenxa yokumesaba.

Uphinde athumele umphezulu abhubhise ngawo noma ngubani amfunayo ngenkathi bona besaphikisana ngo Allah, futhi uhlasela kanzima.

مَن يَشَآءُ وَهُمْ يُجَٰدِلُونَ فِى ٱللَّهِ وَهُوَ شَدِيدُ ٱلْمِحَالِ ﴿١٣﴾

14. NguYena kuphela okumele kukhulekwe kuYe ngokweqiniso ngokuba laba abakhuleka kubo ngaphandle kwaKhe abakwazi ukubaphendula ngalutho; okufana nalowo olulela izandla zakhe emanzini ukuze awalethe emlonyeni wakhe kepha lutho ukufika. Futhi umkhuleko walabo abangakholwa uyize.

لَهُۥ دَعْوَةُ ٱلْحَقِّ ۖ وَٱلَّذِينَ يَدْعُونَ مِن دُونِهِۦ لَا يَسْتَجِيبُونَ لَهُم بِشَىْءٍ إِلَّا كَبَٰسِطِ كَفَّيْهِ إِلَى ٱلْمَآءِ لِيَبْلُغَ فَاهُ وَمَا هُوَ بِبَٰلِغِهِۦ ۚ وَمَا دُعَآءُ ٱلْكَٰفِرِينَ إِلَّا فِى ضَلَٰلٍ ﴿١٤﴾

15. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kukhothamela u Allah kuthanda kungathandi, nezithunzi zakho imbala ekuseni nantambama.

وَلِلَّهِ يَسْجُدُ مَن فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ طَوْعًا وَكَرْهًا وَظِلَٰلُهُم بِٱلْغُدُوِّ وَٱلْءَاصَالِ ﴿١٥﴾

16. Yithi: "Ngubani iNkosi yamazulu nomhlaba?" Yithi: "u Allah". Yithi: "Ingabe niziqokele izikhonzwa ngaphandle kwaKhe ezingeke zanizuzisa noma zinilimaze na?". Yithi: "Ingabe oyimpumputhe nobonayo bayafana yini noma ubumnyama nokukhanya kuyafana na?". Noma baqokele u Allah abalingani abadale indalo efana neyaKhe base bedidwa ukufana kwendalo. Yithi: "u Allah nguYena uMdali wezinto zonke futhi Munye Ungumlawuli".

قُلْ مَن رَّبُّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ قُلِ ٱللَّهُ ۚ قُلْ أَفَٱتَّخَذْتُم مِّن دُونِهِۦٓ أَوْلِيَآءَ لَا يَمْلِكُونَ لِأَنفُسِهِمْ نَفْعًا وَلَا ضَرًّا ۚ قُلْ هَلْ يَسْتَوِى ٱلْأَعْمَىٰ وَٱلْبَصِيرُ أَمْ هَلْ تَسْتَوِى ٱلظُّلُمَٰتُ وَٱلنُّورُ ۗ أَمْ جَعَلُوا۟ لِلَّهِ شُرَكَآءَ خَلَقُوا۟ كَخَلْقِهِۦ فَتَشَٰبَهَ ٱلْخَلْقُ عَلَيْهِمْ ۚ قُلِ ٱللَّهُ خَٰلِقُ كُلِّ شَىْءٍ وَهُوَ ٱلْوَٰحِدُ ٱلْقَهَّٰرُ ﴿١٦﴾

أَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَسَالَتْ أَوْدِيَةٌۢ
بِقَدَرِهَا فَٱحْتَمَلَ ٱلسَّيْلُ زَبَدًا رَّابِيًا ۖ
وَمِمَّا يُوقِدُونَ عَلَيْهِ فِى ٱلنَّارِ ٱبْتِغَآءَ
حِلْيَةٍ أَوْ مَتَـٰعٍ زَبَدٌ مِّثْلُهُۥ ۚ كَذَٰلِكَ
يَضْرِبُ ٱللَّهُ ٱلْحَقَّ وَٱلْبَـٰطِلَ ۚ فَأَمَّا ٱلزَّبَدُ
فَيَذْهَبُ جُفَآءً ۖ وَأَمَّا مَا يَنفَعُ ٱلنَّاسَ
فَيَمْكُثُ فِى ٱلْأَرْضِ ۚ كَذَٰلِكَ يَضْرِبُ ٱللَّهُ
ٱلْأَمْثَالَ ﴿١٧﴾

17. Wehlisa amanzi emvula, kugeleze imifula ngokuyilingene, kuthi izikhukhula zona zithwale igwebu elikhukhumalayo. Futhi nakulokho enikushisa [njengegolide] ngomlilo ukuze nikhiqize kukho ubucwebe noma eminye imikhiqizo, kuphuma igwebu elifanayo. Uwubeka kanjalo u Allah umzekelo weqiniso namanga. Igwebuke lona liyohamba lishabalale, bese kuthi lokho okuyikona okuwusizo ebantwini kusale [kuzinze] emhlabeni. Uyibeka kanjaloke u Allah imizekelo.

لِلَّذِينَ ٱسْتَجَابُوا۟ لِرَبِّهِمُ ٱلْحُسْنَىٰ ۚ وَٱلَّذِينَ
لَمْ يَسْتَجِيبُوا۟ لَهُۥ لَوْ أَنَّ لَهُم مَّا فِى
ٱلْأَرْضِ جَمِيعًا وَمِثْلَهُۥ مَعَهُۥ لَٱفْتَدَوْا۟
بِهِۦٓ ۚ أُو۟لَـٰٓئِكَ لَهُمْ سُوٓءُ ٱلْحِسَابِ
وَمَأْوَىٰهُمْ جَهَنَّمُ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمِهَادُ ﴿١٨﴾

18. Labo abalalela iNkosi yabo bayothola iJana. Kanti labo abangayilalelanga, ukube bebenakho konke okukhona emhlabeni kuphindwe kabili bayozama ukukhokha ngakho inhlawulo [yokuba bakhishwe eMlilweni]. Labo bayokwehlulelwa kanzima futhi bayophelela eJahanamu okuyindawo embi impela.

* أَفَمَن يَعْلَمُ أَنَّمَآ أُنزِلَ إِلَيْكَ مِن
رَّبِّكَ ٱلْحَقُّ كَمَنْ هُوَ أَعْمَىٰٓ ۚ إِنَّمَا
يَتَذَكَّرُ أُو۟لُوا۟ ٱلْأَلْبَـٰبِ ﴿١٩﴾

19. Lowo owaziyo ukuthi kuyiqiniso lokho okwembulelwe kuwe kuvela eNkosini yakho, ingabe uyafana nalowo oyimpumputhe [ongaliboni iqiniso] na? Impela yilabo abanokuqonda kuphela abalalelayo.

20. Bangalabo abagcina isivumelwano sika Allah futhi bangasiphuli isibopho.

ٱلَّذِينَ يُوفُونَ بِعَهْدِ ٱللَّهِ وَلَا يَنقُضُونَ ٱلْمِيثَٰقَ ﴿٢٠﴾

21. Bangalabo abakugcina kuhlangene lokho u Allah ayalele ukuba kugcine kuhlangene bayayisa neNkosi yabo nokwehlulelwa kanzima.

وَٱلَّذِينَ يَصِلُونَ مَآ أَمَرَ ٱللَّهُ بِهِۦٓ أَن يُوصَلَ وَيَخْشَوْنَ رَبَّهُمْ وَيَخَافُونَ سُوٓءَ ٱلْحِسَابِ ﴿٢١﴾

22. Nalabo ababekezelayo belangazelele uBuso beNkosi yabo [ngokuyithokozisa] benze neswala [umthandazo] baphane ngalokho esibabele kona, ngasese nasesidlangalaleni futhi baphindisele okubi ngokuhle. Yibona-ke labo abayoba nesiphetho esihle.

وَٱلَّذِينَ صَبَرُوا۟ ٱبْتِغَآءَ وَجْهِ رَبِّهِمْ وَأَقَامُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَأَنفَقُوا۟ مِمَّا رَزَقْنَٰهُمْ سِرًّا وَعَلَانِيَةً وَيَدْرَءُونَ بِٱلْحَسَنَةِ ٱلسَّيِّئَةَ أُو۟لَٰٓئِكَ لَهُمْ عُقْبَى ٱلدَّارِ ﴿٢٢﴾

23. Izivande zokunethezeka abayongena kuzo, [bona] kanye nalabo abaqotho kubazali babo nabalingani babo nozalo labo. Nezingelosi ziyoza kubo zingena ngayo yonke iminyango.

جَنَّٰتُ عَدْنٍ يَدْخُلُونَهَا وَمَن صَلَحَ مِنْ ءَابَآئِهِمْ وَأَزْوَٰجِهِمْ وَذُرِّيَّٰتِهِمْ ۖ وَٱلْمَلَٰٓئِكَةُ يَدْخُلُونَ عَلَيْهِم مِّن كُلِّ بَابٍ ﴿٢٣﴾

24. [zithi]: "Ukuthula makube kini ngokubekezela kwenu, saze sasihle isiphetho".

سَلَٰمٌ عَلَيْكُم بِمَا صَبَرْتُمْ ۚ فَنِعْمَ عُقْبَى ٱلدَّارِ ﴿٢٤﴾

25. Labo-ke abaphula isivumelwano sika Allah emuva kokusibopha bahlakaze nalokho u Allah ayalele ukuba kugcinwe kuhlangene baphinde babhebhethele impambuko emhlabeni; yibona labo abayothola isiqalekiso nesiphetho esinzima.

وَٱلَّذِينَ يَنقُضُونَ عَهْدَ ٱللَّهِ مِنۢ بَعْدِ مِيثَٰقِهِۦ وَيَقْطَعُونَ مَآ أَمَرَ ٱللَّهُ بِهِۦٓ أَن يُوصَلَ وَيُفْسِدُونَ فِى ٱلْأَرْضِ أُو۟لَٰٓئِكَ لَهُمُ ٱللَّعْنَةُ وَلَهُمْ سُوٓءُ ٱلدَّارِ ﴿٢٥﴾

26. U Allah wabela amfunayo isondlo ngenala noma amswinye. Bayajabula ngempilo yasemhlabeni nakuba impilo yasemhlabeni iyize kwelizayo.

ٱللَّهُ يَبْسُطُ ٱلرِّزْقَ لِمَن يَشَآءُ وَيَقْدِرُ ۚ وَفَرِحُوا۟ بِٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا وَمَا ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَا فِى ٱلْءَاخِرَةِ إِلَّا مَتَٰعٌ ﴿٢٦﴾

27. Laba abangakholwa bathi: "Kungani engehliselwanga isibonakaliso esivela eNkosini yaKhe na?". Yithi: "u Allah udukisa amfunayo ahole lowo ozinikelayo".

وَيَقُولُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لَوْلَآ أُنزِلَ عَلَيْهِ ءَايَةٌ مِّن رَّبِّهِۦ ۚ قُلْ إِنَّ ٱللَّهَ يُضِلُّ مَن يَشَآءُ وَيَهْدِىٓ إِلَيْهِ مَنْ أَنَابَ ﴿٢٧﴾

28. Labo abakholwayo ozinhliziyo zabo zithotshwa ukukhumbula u Allah. Belu izinhliziyo zithotshwa ukukhumbula u Allah.

ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَتَطْمَئِنُّ قُلُوبُهُم بِذِكْرِ ٱللَّهِ ۗ أَلَا بِذِكْرِ ٱللَّهِ تَطْمَئِنُّ ٱلْقُلُوبُ ﴿٢٨﴾

29. Kantike labo abakholwayo benze okuhle bayothola injabulo nendawo enhle abayobuyela kuyo [iJana].

ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ طُوبَىٰ لَهُمْ وَحُسْنُ مَـَٔابٍ ﴿٢٩﴾

30. Kanjalo, sikuthumele [Muhamadi] esizweni okwandlula izizwe eziningi ngaphambi kwazo, ukuze ubalandise ngalokho okwembulelwe kuwe nakuba bengakholwa koNomusa[1] [u Allah]. Yithi: "uyiNkosi yami, akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwaKhe, ngithembe kuYe futhi ngiyobuyela kuYe".

كَذَٰلِكَ أَرْسَلْنَٰكَ فِىٓ أُمَّةٍ قَدْ خَلَتْ مِن قَبْلِهَآ أُمَمٌ لِّتَتْلُوَا۟ عَلَيْهِمُ ٱلَّذِىٓ أَوْحَيْنَآ إِلَيْكَ وَهُمْ يَكْفُرُونَ بِٱلرَّحْمَٰنِ ۚ قُلْ هُوَ رَبِّى لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ عَلَيْهِ تَوَكَّلْتُ وَإِلَيْهِ مَتَابِ ﴿٣٠﴾

1 Phela babecabanga ukuthi igama lesinye isikhonzwa abangasazi kungakho babelixwaya leligama lika Allah 'Onomusa'.

وَلَوْ أَنَّ قُرْءَانًا سُيِّرَتْ بِهِ ٱلْجِبَالُ أَوْ
قُطِّعَتْ بِهِ ٱلْأَرْضُ أَوْ كُلِّمَ بِهِ ٱلْمَوْتَىٰ ۗ
بَل لِّلَّهِ ٱلْأَمْرُ جَمِيعًا ۗ أَفَلَمْ يَاْيْـَٔسِ
ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ أَن لَّوْ يَشَآءُ ٱللَّهُ لَهَدَى
ٱلنَّاسَ جَمِيعًا ۗ وَلَا يَزَالُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟
تُصِيبُهُم بِمَا صَنَعُوا۟ قَارِعَةٌ أَوْ تَحُلُّ
قَرِيبًا مِّن دَارِهِمْ حَتَّىٰ يَأْتِىَ وَعْدُ ٱللَّهِ ۚ
إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُخْلِفُ ٱلْمِيعَادَ ﴿٣١﴾

31. Ukuba kwakukhona iKurani okududulwa ngayo izintaba noma kuqhekezwe ngayo umhlaba noma kukhulunyiswe ngayo abafile [bekuyoba yilena]. Kepha zonke izinto zilawulwa ngu Allah. Akukabacaceli yini laba abakholwayo ukuthi u Allah uma efuna angahola bonke abantu. Futhike, labo abangakholwa bayohlala njalo behlelwa imishophi noma yehle buduze nomuzi wabo size sifezeke isithembiso sika Allah. Nebala u Allah akasephuli isithembiso.

وَلَقَدِ ٱسْتُهْزِئَ بِرُسُلٍ مِّن قَبْلِكَ
فَأَمْلَيْتُ لِلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ثُمَّ أَخَذْتُهُمْ ۖ
فَكَيْفَ كَانَ عِقَابِ ﴿٣٢﴾

32. Nebala, iZithunywa ezikwandulelayo zenziwa inhlekisa. Kepha ngathi ukubayekela laba abangakholwa, makhathaleni ngabajezisa, bheka nje ukuthi saba njani isijeziso.

أَفَمَنْ هُوَ قَآئِمٌ عَلَىٰ كُلِّ نَفْسٍۭ بِمَا
كَسَبَتْ ۗ وَجَعَلُوا۟ لِلَّهِ شُرَكَآءَ قُلْ سَمُّوهُمْ ۚ
أَمْ تُنَبِّـُٔونَهُۥ بِمَا لَا يَعْلَمُ فِى ٱلْأَرْضِ
أَم بِظَٰهِرٍ مِّنَ ٱلْقَوْلِ ۗ بَلْ زُيِّنَ لِلَّذِينَ
كَفَرُوا۟ مَكْرُهُمْ وَصُدُّوا۟ عَنِ ٱلسَّبِيلِ ۗ
وَمَن يُضْلِلِ ٱللَّهُ فَمَا لَهُۥ مِنْ هَادٍ ﴿٣٣﴾

33. Ingabe lowo owengamele wonke umuntu nakwenzayo [akuyena ofanele akhonzwe] na?. Kepha babhangqa u Allah nezikhonzwa. Yithi [Muhamadi]: "Zigaguleni ngamagama. Kumbe nazisa u Allah ngalokho ebengakwazi [izikhonzwa] emhlabeni noma niyasho nje into engenabufakazi". Empeleni laba abangakholwa benzelwe kwangathi buhle lobuqili babo, bavinjwa-ke endleleni [eqondile]. Futhi lowo u Allah amdukisile akekho oyomhola.

34. Bayojezisa [lapha] emhlabeni, belu isijeziso sakwelizayo sinzima futhi akekho oyobavikela ku Allah.

لَّهُمْ عَذَابٌ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۖ وَلَعَذَابُ ٱلْءَاخِرَةِ أَشَقُّ ۖ وَمَا لَهُم مِّنَ ٱللَّهِ مِن وَاقٍ ﴿٣٤﴾

35. Ukulanda ngesivande esithenjiswe labo abathobela u Allah; kugeleza imifula enzasi kwazo; izithelo zakhona azinamkhawulo kanjalo nemithunzi yakhona. Leso yisiphetho salabo abathobela u Allah kanti leso sabangakholwa uMlilo.

* مَّثَلُ ٱلْجَنَّةِ ٱلَّتِى وُعِدَ ٱلْمُتَّقُونَ ۖ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ ۖ أُكُلُهَا دَآئِمٌ وَظِلُّهَا ۚ تِلْكَ عُقْبَى ٱلَّذِينَ ٱتَّقَوا۟ ۖ وَّعُقْبَى ٱلْكَٰفِرِينَ ٱلنَّارُ ﴿٣٥﴾

36. Labo esabanika iNcwadi bayathokoza ngalokho okwembulelwe kuwe [Muhamadi], kanti labo bombimbi bayakuphika okunye okuqukethwe yiyo [iKurani]. Yithi: "Mina ngiyalelwe ukuba ngikhone u Allah kuphela ngingambhangqi nalutho, ngimemela [abantu] kuYe futhi ngiyobuyela kuYe".

وَٱلَّذِينَ ءَاتَيْنَٰهُمُ ٱلْكِتَٰبَ يَفْرَحُونَ بِمَآ أُنزِلَ إِلَيْكَ ۖ وَمِنَ ٱلْأَحْزَابِ مَن يُنكِرُ بَعْضَهُۥ ۚ قُلْ إِنَّمَآ أُمِرْتُ أَنْ أَعْبُدَ ٱللَّهَ وَلَآ أُشْرِكَ بِهِۦٓ ۚ إِلَيْهِ أَدْعُوا۟ وَإِلَيْهِ مَـَٔابِ ﴿٣٦﴾

37. Kanjalo siyembulele [iKurani] njengomthetho-sisekelo ngolwimi lwesi Arabhu. Uma uzolandela izinkanuko zabo emuva kokuba usuthole ulwazi, akekho oyokuhlenga noma akuvikele ku Allah.

وَكَذَٰلِكَ أَنزَلْنَٰهُ حُكْمًا عَرَبِيًّا ۚ وَلَئِنِ ٱتَّبَعْتَ أَهْوَآءَهُم بَعْدَ مَا جَآءَكَ مِنَ ٱلْعِلْمِ ۙ مَا لَكَ مِنَ ٱللَّهِ مِن وَلِىٍّ وَلَا وَاقٍ ﴿٣٧﴾

38. Nebala sazithumela iZithunywa ngaphambi kwakho sabaqokela amakhosikazi nezingane. Asikho iSithunywa esingenza isimangaliso ngaphandle

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا رُسُلًا مِّن قَبْلِكَ وَجَعَلْنَا لَهُمْ أَزْوَٰجًا وَذُرِّيَّةً ۚ وَمَا كَانَ لِرَسُولٍ أَن يَأْتِىَ بِـَٔايَةٍ إِلَّا بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۗ لِكُلِّ أَجَلٍ كِتَابٌ ﴿٣٨﴾

kwemvumo ka Allah. Sonke isikhathi esibekiwe silotshiwe.

يَمْحُواْ ٱللَّهُ مَا يَشَآءُ وَيُثْبِتُ ۖ وَعِندَهُۥٓ أُمُّ ٱلْكِتَٰبِ ﴿٣٩﴾

39. U Allah usula aphinde agcine akuthandayo futhi uneNcwadingqangi.

وَإِن مَّا نُرِيَنَّكَ بَعْضَ ٱلَّذِى نَعِدُهُمْ أَوْ نَتَوَفَّيَنَّكَ فَإِنَّمَا عَلَيْكَ ٱلْبَلَٰغُ وَعَلَيْنَا ٱلْحِسَابُ ﴿٤٠﴾

40. Singakubonisa okunye kwalokho esibathembise kona noma sikuthathe emhlabeni. Wena okwakho ukudlulisa umlayezo kuthi okweThu ukwehlulela.

أَوَلَمْ يَرَوْاْ أَنَّا نَأْتِى ٱلْأَرْضَ نَنقُصُهَا مِنْ أَطْرَافِهَا ۚ وَٱللَّهُ يَحْكُمُ لَا مُعَقِّبَ لِحُكْمِهِۦ ۚ وَهُوَ سَرِيعُ ٱلْحِسَابِ ﴿٤١﴾

41. Ingabe ababoni yini ukuthi silokhu siza siwudla kancane umhlaba ezinhlangothini zawo[1] na?. U Allah uthatha isinqumo, akekho ongasiguqula futhi wehlulela ngokushesha.

وَقَدْ مَكَرَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ فَلِلَّهِ ٱلْمَكْرُ جَمِيعًا ۖ يَعْلَمُ مَا تَكْسِبُ كُلُّ نَفْسٍ ۗ وَسَيَعْلَمُ ٱلْكُفَّٰرُ لِمَنْ عُقْبَى ٱلدَّارِ ﴿٤٢﴾

42. Impela laba ababandulelayo [abangakholwa] balakha uzungu [ngeZithunywa zabo]. Kepha ukuhlela konke kungokuka Allah. Wazi konke omuntu akwenzayo. Futhi laba abangakholwa bayokwazi maduze nje ukuthi ubani oyoba nesiphetho esinzima.

وَيَقُولُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَسْتَ مُرْسَلًا ۚ قُلْ كَفَىٰ بِٱللَّهِ شَهِيدًۢا بَيْنِى وَبَيْنَكُمْ وَمَنْ عِندَهُۥ عِلْمُ ٱلْكِتَٰبِ ﴿٤٣﴾

43. Laba abangakholwayo bathi awusiso [wena Muhamadi] iSithunywa. Yithi: "u Allah wenele njengofakazi phakathi kwami, kanjalo nalowo onolwazi lweNcwadi [*iTora* noma i-*Ininjili*].

1 Ngokusabalala kwe Isilamu nokwanda kwamaMusilimu emhlabeni.

(14) SURA IBHIRAHIMU
IBHIRAHIMU [ISITHUNYWA]

سُورَةُ إِبْرَٰهِيمَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Alif Lam Ra; Lena iNcwadi esiyembulele kuwe [Muhamadi] ukuze ngemvumo ka Allah ukhiphe abantu ebumnyameni ubase ekukhanyeni – endleleni yalowo onguSomandla Odunyiswayo.

الٓرۚ كِتَٰبٌ أَنزَلْنَٰهُ إِلَيْكَ لِتُخْرِجَ ٱلنَّاسَ مِنَ ٱلظُّلُمَٰتِ إِلَى ٱلنُّورِ بِإِذْنِ رَبِّهِمْ إِلَىٰ صِرَٰطِ ٱلْعَزِيزِ ٱلْحَمِيدِ ﴿١﴾

2. u Allah lona okungokwaKhe konke okusemazulwini nasemhlabeni. Laba abangakholwa bayongena eMlilweni okuyisijeziso sika Allah esinzima.

ٱللَّهِ ٱلَّذِى لَهُۥ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِۗ وَوَيْلٌ لِّلْكَٰفِرِينَ مِنْ عَذَابٍ شَدِيدٍ ﴿٢﴾

3. Labo abathanda impilo yalomhlaba kunale yakwelizayo nabavimba [abanye] endleni ka Allah abayifuna igwembile. Labo balahlakile bayanhlanhlatha.

ٱلَّذِينَ يَسْتَحِبُّونَ ٱلْحَيَوٰةَ ٱلدُّنْيَا عَلَى ٱلْءَاخِرَةِ وَيَصُدُّونَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ وَيَبْغُونَهَا عِوَجًاۚ أُو۟لَٰٓئِكَ فِى ضَلَٰلٍۭ بَعِيدٍ ﴿٣﴾

4. Yileso naleso Sithunywa esasithumela sabe sikhuluma ulwimi lwabantu baso ukuze phela sibahlalusele. Ngu Allah ke odukisa amthandayo aphinde ahole amthandayo. Futhi unguSomandla Okhaliphile.

وَمَآ أَرْسَلْنَا مِن رَّسُولٍ إِلَّا بِلِسَانِ قَوْمِهِۦ لِيُبَيِّنَ لَهُمْۖ فَيُضِلُّ ٱللَّهُ مَن يَشَآءُ وَيَهْدِى مَن يَشَآءُۚ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٤﴾

5. Sathumela uMusa nezibonakaliso zeThu [Sathi]: "Khipha isizwe sakho ebumnyameni usise ekukhanyeni uphinde ubakhumbuze ngezinsuku [zezibusiso nezijeziso] zika Allah. Impela kulokho kunezibonakaliso kulowo nalowo obekezelayo nobongayo".

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا مُوسَىٰ بِـَٔايَٰتِنَآ أَنْ أَخْرِجْ قَوْمَكَ مِنَ ٱلظُّلُمَٰتِ إِلَى ٱلنُّورِ وَذَكِّرْهُم بِأَيَّىٰمِ ٱللَّهِ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَـَٔايَٰتٍ لِّكُلِّ صَبَّارٍ شَكُورٍ ﴿٥﴾

6. Khumbula mhla ethi uMusa esizweni sakhe: "Khumbulani izibusiso zika Allah kini mhla enihlenga kubantu bakaFirawuni ababenijezisa kabuhlungu, bebulala uyaca izingane zenu zabafana bayeke abesimame benu. Konke lokho bekuyisivivinyo esinzima esivela eNkosini yenu".

وَإِذْ قَالَ مُوسَىٰ لِقَوْمِهِ ٱذْكُرُوا۟ نِعْمَةَ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ إِذْ أَنجَىٰكُم مِّنْ ءَالِ فِرْعَوْنَ يَسُومُونَكُمْ سُوٓءَ ٱلْعَذَابِ وَيُذَبِّحُونَ أَبْنَآءَكُمْ وَيَسْتَحْيُونَ نِسَآءَكُمْ ۚ وَفِى ذَٰلِكُم بَلَآءٌ مِّن رَّبِّكُمْ عَظِيمٌ ﴿٦﴾

7. Namhla iNkosi yenu imemezela ukuthi: "Uma nibonga ngizonandisela kepha uma ningabongi, impela isijeziso saMi sinzima".

وَإِذْ تَأَذَّنَ رَبُّكُمْ لَئِن شَكَرْتُمْ لَأَزِيدَنَّكُمْ ۖ وَلَئِن كَفَرْتُمْ إِنَّ عَذَابِى لَشَدِيدٌ ﴿٧﴾

8. Wathi futhi uMusa: "Uma nina ningakholwa nabo bonke abasemhlabeni, bheka ngoba u Allah Ungozimele Odunyiswayo".

وَقَالَ مُوسَىٰٓ إِن تَكْفُرُوٓا۟ أَنتُمْ وَمَن فِى ٱلْأَرْضِ جَمِيعًا فَإِنَّ ٱللَّهَ لَغَنِىٌّ حَمِيدٌ ﴿٨﴾

9. Azizange zifike kini yini izindaba zalabo abanandulelayo, isizwe sika Nuhu nesakwa Adi noTamudi nalabo abeza emuva kwabo – akekho obaziyo ngaphandle kuka Allah. IZithunywa zabo zafika kubo nezibonakaliso,

أَلَمْ يَأْتِكُمْ نَبَؤُا۟ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِكُمْ قَوْمِ نُوحٍ وَعَادٍ وَثَمُودَ وَٱلَّذِينَ مِنۢ بَعْدِهِمْ لَا يَعْلَمُهُمْ إِلَّا ٱللَّهُ ۚ جَآءَتْهُمْ رُسُلُهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَرَدُّوٓا۟ أَيْدِيَهُمْ فِىٓ أَفْوَٰهِهِمْ وَقَالُوٓا۟ إِنَّا كَفَرْنَا بِمَآ أُرْسِلْتُم بِهِۦ وَإِنَّا لَفِى شَكٍّ مِّمَّا تَدْعُونَنَآ إِلَيْهِ مُرِيبٍ ﴿٩﴾

babeka izandla emlonyeni yabo bathi: "Asikholelwa kulokhu enithunywe nakho futhi sinokungabaza ngalokhu enisimemela kukho, siyangabaza".

* قَالَتْ رُسُلُهُمْ أَفِي ٱللَّهِ شَكٌّ فَاطِرِ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ يَدْعُوكُمْ لِيَغْفِرَ لَكُم مِّن ذُنُوبِكُمْ وَيُؤَخِّرَكُمْ إِلَىٰٓ أَجَلٍ مُّسَمًّى ۚ قَالُوٓا۟ إِنْ أَنتُمْ إِلَّا بَشَرٌ مِّثْلُنَا تُرِيدُونَ أَن تَصُدُّونَا عَمَّا كَانَ يَعْبُدُ ءَابَآؤُنَا فَأْتُونَا بِسُلْطَٰنٍ مُّبِينٍ ﴿١٠﴾

10. Zathi iZithunywa zabo: "Ingabe ninokungabaza ngo Allah uMdali wamazulu nomhlaba, unibizela ukuba anithethelele izimpambuko zenu futhi anidondise kuze kufike isikhathi esinqunyiwe na?". Bathi: "Nina aniyilutho ngaphandle nje kwabantu abafana nathi, nifuna nje ukusivimba kulokho obekukhonzwa okhokho bethu, ngakhoke siletheleni ubufakazi obucacile".

قَالَتْ لَهُمْ رُسُلُهُمْ إِن نَّحْنُ إِلَّا بَشَرٌ مِّثْلُكُمْ وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ يَمُنُّ عَلَىٰ مَن يَشَآءُ مِنْ عِبَادِهِۦ ۖ وَمَا كَانَ لَنَآ أَن نَّأْتِيَكُم بِسُلْطَٰنٍ إِلَّا بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۚ وَعَلَى ٱللَّهِ فَلْيَتَوَكَّلِ ٱلْمُؤْمِنُونَ ﴿١١﴾

11. Zathi kubo iZithunywa zabo: "Impela singabantu njengani kepha u Allah uqoka amthandayo ezigqileni zaKhe. Futhi angeke sanilethela ubufakazi ngaphandle kwemvuo ka Allah. Labo abakholwayo kumele bathembele ku Allah".

وَمَا لَنَآ أَلَّا نَتَوَكَّلَ عَلَى ٱللَّهِ وَقَدْ هَدَىٰنَا سُبُلَنَا ۚ وَلَنَصْبِرَنَّ عَلَىٰ مَآ ءَاذَيْتُمُونَا ۚ وَعَلَى ٱللَّهِ فَلْيَتَوَكَّلِ ٱلْمُتَوَكِّلُونَ ﴿١٢﴾

12. Singavinjwa yini singathembeli ku Allah kube kunguYena osiholile ezindleleni zethu. Futhi sizokubekezelela lokhu enisicindezela ngakho. Abathembayo kumele bathembele ku Allah".

13. Laba abangakholwa bathi kuZithunywa zabo: "Sizonixosha endaweni yethu kungenjalo kumele nibuyele enkolweni yethu". U Allah wabe esembulela kubo ukuthi: "Sizobabhubhisa abenzi bokubi".

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لِرُسُلِهِمْ لَنُخْرِجَنَّكُم مِّنْ أَرْضِنَآ أَوْ لَتَعُودُنَّ فِي مِلَّتِنَا ۖ فَأَوْحَىٰٓ إِلَيْهِمْ رَبُّهُمْ لَنُهْلِكَنَّ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٣﴾

14. Siyobe sesibeka njengezakhamuzi emhlabeni emuva kwabo. Lokho kutholwa yilowo osaba mhla eyoma phambi kwaMi osaba nesijeziso saMi.

وَلَنُسْكِنَنَّكُمُ ٱلْأَرْضَ مِنۢ بَعْدِهِمْ ۚ ذَٰلِكَ لِمَنْ خَافَ مَقَامِي وَخَافَ وَعِيدِ ﴿١٤﴾

15. Zase [iZithunywa] zicela usizo ku Allah wabhubha wonke lowo obengundlovu kayiphikiswa oyisaliwakutshelwa.

وَٱسْتَفْتَحُواْ وَخَابَ كُلُّ جَبَّارٍ عَنِيدٍ ﴿١٥﴾

16. Ngaphambili ulindelwe iJahanamu futhi uyophuziswa amanzi anezinsila.

مِّن وَرَآئِهِۦ جَهَنَّمُ وَيُسْقَىٰ مِن مَّآءٍ صَدِيدٍ ﴿١٦﴾

17. Uyozama ukuwaphuza kepha lutho ukugwinyeka. Ukufa kuyomfikela ndawo zonke kepha akayikufa. Futhi uyobe elindwe yisijeziso esinzima ngaphambili.

يَتَجَرَّعُهُۥ وَلَا يَكَادُ يُسِيغُهُۥ وَيَأْتِيهِ ٱلْمَوْتُ مِن كُلِّ مَكَانٍ وَمَا هُوَ بِمَيِّتٍ ۖ وَمِن وَرَآئِهِۦ عَذَابٌ غَلِيظٌ ﴿١٧﴾

18. Umzekelo walabo abangakholwa eNkosini yabo; izenzo zabo zifana nomlotha olupheshulwa kanzima umoya ngosuku olunesiphepho. Angeke bazuze lutho ngezenzo zabo [ezinhle]. Lokho ukuduka okujulile.

مَّثَلُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ بِرَبِّهِمْ ۖ أَعْمَٰلُهُمْ كَرَمَادٍ ٱشْتَدَّتْ بِهِ ٱلرِّيحُ فِي يَوْمٍ عَاصِفٍ ۖ لَّا يَقْدِرُونَ مِمَّا كَسَبُواْ عَلَىٰ شَيْءٍ ۚ ذَٰلِكَ هُوَ ٱلضَّلَٰلُ ٱلْبَعِيدُ ﴿١٨﴾

19. Awubonanga ukuthi u Allah udale amazulu nomhlaba ngeqiniso. Uma ethanda enganishabalalisa nonke bese eletha indalo etsha.

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ بِٱلْحَقِّ ۚ إِن يَشَأْ يُذْهِبْكُمْ وَيَأْتِ بِخَلْقٍ جَدِيدٍ ﴿١٩﴾

وَمَا ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ بِعَزِيزٍ ﴿٢٠﴾

20. Lokho akukho nzima ku Allah.

وَبَرَزُوا۟ لِلَّهِ جَمِيعًا فَقَالَ ٱلضُّعَفَٰٓؤُا۟ لِلَّذِينَ ٱسْتَكْبَرُوٓا۟ إِنَّا كُنَّا لَكُمْ تَبَعًا فَهَلْ أَنتُم مُّغْنُونَ عَنَّا مِنْ عَذَابِ ٱللَّهِ مِن شَىْءٍ ۚ قَالُوا۟ لَوْ هَدَىٰنَا ٱللَّهُ لَهَدَيْنَٰكُمْ ۖ سَوَآءٌ عَلَيْنَآ أَجَزِعْنَآ أَمْ صَبَرْنَا مَا لَنَا مِن مَّحِيصٍ ﴿٢١﴾

21. Bonke bayoma ngaphambi kuka Allah, bese labo ababeyizichaka bayothi kulabo ababezigqaja [bengabaholi]: "Thina besilandela nina, ngakhoke kukhona yini nokuncane eningasiza ngakho esijezisweni sika Allah na?". Bayothi: "Ukube u Allah nathi wasihola, besizonihola nani, kuyefana nje kithi, siyakhathazeka noma siyabekezela asinakho ukuphunyula".

وَقَالَ ٱلشَّيْطَٰنُ لَمَّا قُضِىَ ٱلْأَمْرُ إِنَّ ٱللَّهَ وَعَدَكُمْ وَعْدَ ٱلْحَقِّ وَوَعَدتُّكُمْ فَأَخْلَفْتُكُمْ ۖ وَمَا كَانَ لِىَ عَلَيْكُم مِّن سُلْطَٰنٍ إِلَّآ أَن دَعَوْتُكُمْ فَٱسْتَجَبْتُمْ لِى ۖ فَلَا تَلُومُونِى وَلُومُوٓا۟ أَنفُسَكُم ۖ مَّآ أَنَا۠ بِمُصْرِخِكُمْ وَمَآ أَنتُم بِمُصْرِخِىَّ إِنِّى كَفَرْتُ بِمَآ أَشْرَكْتُمُونِ مِن قَبْلُ ۗ إِنَّ ٱلظَّٰلِمِينَ لَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٢٢﴾

22. Lapho sekwahlulelwa uShaytani uyothi: "Nebala u Allah unithembise isithembiso seqiniso kepha mina nginithembisile ngangasifeza. Kepha bengingenawo amandla ngaphezu kwenu ngaphandle nje kokuthi bengininxenxa bese niyangilalela. Ngakhoke ningasoli mina kepha nizisole nina uqobo, ngokuba angeke ngikhone ukunisiza nani angeke nikhone ukungisiza. Impela ngiyakuphika ukubhangqa kwenu kaphambilini. Nebala labo abaphambukile bayothola isijeziso esibuhlungu".

وَأُدْخِلَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا بِإِذْنِ رَبِّهِمْ ۖ تَحِيَّتُهُمْ فِيهَا سَلَٰمٌ ﴿٢٣﴾

23. Labo abakholwayo benza nokuhle bayongeniswa ezivandeni okugeleza ezansi kwazo imifula, bayohlala kuzo unaphakade ngemvumo yeNkosi yabo. Bayobingelelana kuzo ngeSalamu [ukuthula].

24. Awubonanga yini ukuthi u Allah uwafanise kanjani amazwi amahle [obunye baKhe] nesihlahla esihle ozimpande zaso zijulile zinzile futhi side sile phezulu.

أَلَمْ تَرَ كَيْفَ ضَرَبَ ٱللَّهُ مَثَلًا كَلِمَةً طَيِّبَةً كَشَجَرَةٍ طَيِّبَةٍ أَصْلُهَا ثَابِتٌ وَفَرْعُهَا فِى ٱلسَّمَآءِ ﴿٢٤﴾

25. Sikhiqiza izithelo zaso ngaso sonke isikhathi ngemvumo yeNkosi yaso. Bheka ngoba u Allah wenzela abantu imizekelo ukuze belu baqondisise.

تُؤْتِىٓ أُكُلَهَا كُلَّ حِينٍۭ بِإِذْنِ رَبِّهَا ۗ وَيَضْرِبُ ٱللَّهُ ٱلْأَمْثَالَ لِلنَّاسِ لَعَلَّهُمْ يَتَذَكَّرُونَ ﴿٢٥﴾

26. Kuthi amazwi amabi [okubhangqa u Allah nezikhonzwa] wona afaniswa nesihlahla esibi esisiphukile phansi esingazinzile.

وَمَثَلُ كَلِمَةٍ خَبِيثَةٍ كَشَجَرَةٍ خَبِيثَةٍ ٱجْتُثَّتْ مِن فَوْقِ ٱلْأَرْضِ مَا لَهَا مِن قَرَارٍ ﴿٢٦﴾

27. Labo abakhowayo u Allah uyobaqinisa ngamazwi aqinile [obunye baKhe] empilweni yasemhlabeni neyakwelizayo. Futhi u Allah uyabadukisa abaphumbukileyo. Belu u Allah wenza akuthandayo.

يُثَبِّتُ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ بِٱلْقَوْلِ ٱلثَّابِتِ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا وَفِى ٱلْـَٔاخِرَةِ ۖ وَيُضِلُّ ٱللَّهُ ٱلظَّٰلِمِينَ ۚ وَيَفْعَلُ ٱللَّهُ مَا يَشَآءُ ﴿٢٧﴾

28. Awubabonanga yini laba abaphindisele isibusiso sika Allah ngokungakholwa bafaka isizwe sabo emzini wembubhiso.

* أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ بَدَّلُوا۟ نِعْمَتَ ٱللَّهِ كُفْرًا وَأَحَلُّوا۟ قَوْمَهُمْ دَارَ ٱلْبَوَارِ ﴿٢٨﴾

29. EJahanamu abayongena kuyo, okuyindawo embi impela.

جَهَنَّمَ يَصْلَوْنَهَا ۖ وَبِئْسَ ٱلْقَرَارُ ﴿٢٩﴾

30. Baqokele u Allah izimbangi ukuze badukise abanye endleleni yaKhe. Yithi: "Nethezekani [okwamanje], ngokuba impela uMlilo yilapho eniyophelela khona".

وَجَعَلُوا۟ لِلَّهِ أَندَادًا لِّيُضِلُّوا۟ عَن سَبِيلِهِۦ ۗ قُلْ تَمَتَّعُوا۟ فَإِنَّ مَصِيرَكُمْ إِلَى ٱلنَّارِ ﴿٣٠﴾

31. Tshela kuzigqila zaMi lezi ezikholwayo ukuba zenze iswala futhi zinikele ngalokho esiziphe kona, ngasese nasesidlangalaleni. Ngaphambi kokuba kufike uSuku lapho okuyobe kungekho khona uhwebo noma ubungani.

قُل لِّعِبَادِيَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ يُقِيمُواْ ٱلصَّلَوٰةَ وَيُنفِقُواْ مِمَّا رَزَقْنَٰهُمْ سِرًّا وَعَلَانِيَةً مِّن قَبْلِ أَن يَأْتِيَ يَوْمٌ لَّا بَيْعٌ فِيهِ وَلَا خِلَٰلٌ ﴿٣١﴾

32. U Allah nguYena lona owadala amazulu nomhlaba wehlisa namanzi phezulu, akhiqize ngawo izithelo eziyisondlo kini. Wanijubela umkhumbi ukuba unithwale olwandle ngomyalelo waKhe, waphinda wanijubela imifula.

ٱللَّهُ ٱلَّذِي خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ وَأَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَأَخْرَجَ بِهِۦ مِنَ ٱلثَّمَرَٰتِ رِزْقًا لَّكُمْ ۖ وَسَخَّرَ لَكُمُ ٱلْفُلْكَ لِتَجْرِيَ فِي ٱلْبَحْرِ بِأَمْرِهِۦ ۖ وَسَخَّرَ لَكُمُ ٱلْأَنْهَٰرَ ﴿٣٢﴾

33. Futhi wanijubela ilanga nenyanga ngokungaphezi. Wanijubela ubusuku nemini.

وَسَخَّرَ لَكُمُ ٱلشَّمْسَ وَٱلْقَمَرَ دَآئِبَيْنِ ۖ وَسَخَّرَ لَكُمُ ٱلَّيْلَ وَٱلنَّهَارَ ﴿٣٣﴾

34. Futhi wanipha kukho konke enimcele kona. Uma ningabala izibusiso zika Allah anisoze naziqeda. Nebala umuntu akanabulungiswa akabongi.

وَءَاتَىٰكُم مِّن كُلِّ مَا سَأَلْتُمُوهُ ۚ وَإِن تَعُدُّواْ نِعْمَتَ ٱللَّهِ لَا تُحْصُوهَآ ۗ إِنَّ ٱلْإِنسَٰنَ لَظَلُومٌ كَفَّارٌ ﴿٣٤﴾

35. Khumbula mhla u Ibhirahimu ethi: "Nkosi yami, yenza lomuzi ube ngophephile, bese uqhelisa mina nozalo lwami ekutheni sikhonze izithixo".

وَإِذْ قَالَ إِبْرَٰهِيمُ رَبِّ ٱجْعَلْ هَٰذَا ٱلْبَلَدَ ءَامِنًا وَٱجْنُبْنِي وَبَنِيَّ أَن نَّعْبُدَ ٱلْأَصْنَامَ ﴿٣٥﴾

36. Nkosi yami, impela [izithixo] zidukise inqwaba yabantu. Lowoke oyolandela mina uyobe ukanye nami kuthi lowo ongangilaleli – impela Wena Ungothethelelayo Onesihawu.

رَبِّ إِنَّهُنَّ أَضْلَلْنَ كَثِيرًا مِّنَ ٱلنَّاسِ ۖ فَمَن تَبِعَنِي فَإِنَّهُۥ مِنِّي ۖ وَمَنْ عَصَانِي فَإِنَّكَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٣٦﴾

37. Nkosi yethu, ngakhele uzalo lwami ehlanzeni elingenazitshalo, eMzini waKho Ohloniphekile – Nkosi yethu – ukuze benze iswala. Ngakhoke yenza izinhliziyo zesintu zilangazelele ngakubo ubondle nangezithelo hleze babe ngababongayo.

رَّبَّنَآ إِنِّيٓ أَسۡكَنتُ مِن ذُرِّيَّتِي بِوَادٍ غَيۡرِ ذِي زَرۡعٍ عِندَ بَيۡتِكَ ٱلۡمُحَرَّمِ رَبَّنَا لِيُقِيمُواْ ٱلصَّلَوٰةَ فَٱجۡعَلۡ أَفۡـِٔدَةٗ مِّنَ ٱلنَّاسِ تَهۡوِيٓ إِلَيۡهِمۡ وَٱرۡزُقۡهُم مِّنَ ٱلثَّمَرَٰتِ لَعَلَّهُمۡ يَشۡكُرُونَ ٣٧

38. Nkosi yethu, ngempela Wena wazi lokho esikufihlayo nalokho esibeka obala. Futhi akukho lutho okungakucashela emhlabeni nasezulwini.

رَبَّنَآ إِنَّكَ تَعۡلَمُ مَا نُخۡفِي وَمَا نُعۡلِنُۗ وَمَا يَخۡفَىٰ عَلَى ٱللَّهِ مِن شَيۡءٖ فِي ٱلۡأَرۡضِ وَلَا فِي ٱلسَّمَآءِ ٣٨

39. Udumo lungoluka Allah, lona owangipha ngigugile u Isima'ili no Isihaki, impela iNkosi yami Ingeyizwayo imikhuleko.

ٱلۡحَمۡدُ لِلَّهِ ٱلَّذِي وَهَبَ لِي عَلَى ٱلۡكِبَرِ إِسۡمَٰعِيلَ وَإِسۡحَٰقَۚ إِنَّ رَبِّي لَسَمِيعُ ٱلدُّعَآءِ ٣٩

40. Nkosi yami, ngenze ngibe ngowenza iswala kanye nozalo lwami. Nkosi yethu yamukela umkhuleko.

رَبِّ ٱجۡعَلۡنِي مُقِيمَ ٱلصَّلَوٰةِ وَمِن ذُرِّيَّتِيۚ رَبَّنَا وَتَقَبَّلۡ دُعَآءِ ٤٠

41. Nkosi yethu, ngithethelele mina nabazali bami kanye nabakholwayo ngoSuku lokwahlulelwa.

رَبَّنَا ٱغۡفِرۡ لِي وَلِوَٰلِدَيَّ وَلِلۡمُؤۡمِنِينَ يَوۡمَ يَقُومُ ٱلۡحِسَابُ ٤١

42. Ungacabangi ukuthi u Allah akakunakile lokho okwenziwa ngaba ngenabulungiswa; empeleni u Allah ubadondela uSuku lapho kuyohlahla kulo amehlo.

وَلَا تَحۡسَبَنَّ ٱللَّهَ غَٰفِلًا عَمَّا يَعۡمَلُ ٱلظَّٰلِمُونَۚ إِنَّمَا يُؤَخِّرُهُمۡ لِيَوۡمٖ تَشۡخَصُ فِيهِ ٱلۡأَبۡصَٰرُ ٤٢

43. Bayosheshisa amakhanda ebheke phezulu lokhu behlahle amehlo, izinhliziyo zabo belu zingamagobongo [zingaqondi lutho].

مُهۡطِعِينَ مُقۡنِعِي رُءُوسِهِمۡ لَا يَرۡتَدُّ إِلَيۡهِمۡ طَرۡفُهُمۡۖ وَأَفۡـِٔدَتُهُمۡ هَوَآءٞ ٤٣

44. Xwayisa isintu ngosuku lapho beyofikelwa isijeziso, bese labo abaphambukile bathi: "Nkosi yethu, siphe nje isikhathi esincane ukuze samukele isimemo saKho silandele neZithunywa". [Kuyothiwa kubo]: "Anizange yini nifunge phambilini ukuthi anisoze nasuswa [emhlabeni niye kwelizayo] na?".

وَأَنذِرِ ٱلنَّاسَ يَوْمَ يَأْتِيهِمُ ٱلْعَذَابُ فَيَقُولُ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ رَبَّنَآ أَخِّرْنَآ إِلَىٰٓ أَجَلٍ قَرِيبٍ نُّجِبْ دَعْوَتَكَ وَنَتَّبِعِ ٱلرُّسُلَ ۗ أَوَلَمْ تَكُونُوٓا۟ أَقْسَمْتُم مِّن قَبْلُ مَا لَكُم مِّن زَوَالٍ ﴿٤٤﴾

45. Futhi benihlala ezindaweni zalabo ababenza okubi, kwanicacela ukuthi senzani kubo saphinde sanenzela izibonelo.

وَسَكَنتُمْ فِى مَسَٰكِنِ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ وَتَبَيَّنَ لَكُمْ كَيْفَ فَعَلْنَا بِهِمْ وَضَرَبْنَا لَكُمُ ٱلْأَمْثَالَ ﴿٤٥﴾

46. Nabo bakha uzungu lwabo kepha u Allah wayelazi uzungu lwabo. Futhi uzungu lwabo alusoze lwagudluza ngisho izintaba.

وَقَدْ مَكَرُوا۟ مَكْرَهُمْ وَعِندَ ٱللَّهِ مَكْرُهُمْ وَإِن كَانَ مَكْرُهُمْ لِتَزُولَ مِنْهُ ٱلْجِبَالُ ﴿٤٦﴾

47. Ngakhoke ungacabangi ukuthi u Allah uyophula isithembiso saKhe kuZithunywa zaKhe. Impela u Allah unguSomandla Oziphindiselelayo.

فَلَا تَحْسَبَنَّ ٱللَّهَ مُخْلِفَ وَعْدِهِۦ رُسُلَهُۥٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَزِيزٌ ذُو ٱنتِقَامٍ ﴿٤٧﴾

48. NgoSuku lapho umhlaba uyoguqulwa ungasabi umhlaba kanjalo namazulu. Bese [bonke] bame ngaphambi kuka Allah Oyedwa Ongumlawuli wezinto zonke.

يَوْمَ تُبَدَّلُ ٱلْأَرْضُ غَيْرَ ٱلْأَرْضِ وَٱلسَّمَٰوَٰتُ ۖ وَبَرَزُوا۟ لِلَّهِ ٱلْوَٰحِدِ ٱلْقَهَّارِ ﴿٤٨﴾

49. Ngalolosuku uyobona izigilamkhuba ziboshwe [izandla nezinyawo emqaleni] ngamasongo ensimbi.

وَتَرَى ٱلْمُجْرِمِينَ يَوْمَئِذٍ مُّقَرَّنِينَ فِى ٱلْأَصْفَادِ ﴿٤٩﴾

50. Izembatho zabo zenziwe ngetiyela nobuso babo buyohaqwa uMlilo.

51. [Konke lokhu] Ukuze u Allah azuzise wonke umuntu ngemisebenzi yakhe. Nebala u Allah wehlulela ngokushesha.

52. Lona [iKurani] umlayezo obhekiswe kusintu ukuze baxwayiswe ngawo nokuthi bazi ukuthi nguYena [u Allah] kuphela vo okumele akhonzwe nokuthi labo abakhaliphile bathole isifundo.

سَرَابِيلُهُم مِّن قَطِرَانٍ وَتَغْشَىٰ وُجُوهَهُمُ ٱلنَّارُ ﴿٥٠﴾

لِيَجْزِيَ ٱللَّهُ كُلَّ نَفْسٍ مَّا كَسَبَتْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ سَرِيعُ ٱلْحِسَابِ ﴿٥١﴾

هَٰذَا بَلَٰغٌ لِّلنَّاسِ وَلِيُنذَرُوا۟ بِهِۦ وَلِيَعْلَمُوٓا۟ أَنَّمَا هُوَ إِلَٰهٌ وَٰحِدٌ وَلِيَذَّكَّرَ أُو۟لُوا۟ ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿٥٢﴾

(15) SURA HIJIRI
UMUZI WASE HIJIRI

سُورَةُ الحِجۡرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Alif Lam Ra, lena imibiko yeNcwadi [ezandulelayo] neKurani ecacile.

الٓرۚ تِلۡكَ ءَايَٰتُ ٱلۡكِتَٰبِ وَقُرۡءَانٖ مُّبِينٖ ١

2. Labo abangakholwa bayofisa ukuba babengamaMusilimu.

رُّبَمَا يَوَدُّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَوۡ كَانُواْ مُسۡلِمِينَ ٢

3. Bayeke nje badle bazijabulise beyengwa izifiso ngokuba kungekudala bayokwazi.

ذَرۡهُمۡ يَأۡكُلُواْ وَيَتَمَتَّعُواْ وَيُلۡهِهِمُ ٱلۡأَمَلُۖ فَسَوۡفَ يَعۡلَمُونَ ٣

4. Zonke izindawo esazibhubhisa zazinesikhathi esilotshiwe esaziwayo.

وَمَآ أَهۡلَكۡنَا مِن قَرۡيَةٍ إِلَّا وَلَهَا كِتَابٞ مَّعۡلُومٞ ٤

5. [Phela] asikho isizwe engasihambela phambili isikhathi saso esibekiwe [sokuphila] noma sisiphuthe.

مَّا تَسۡبِقُ مِنۡ أُمَّةٍ أَجَلَهَا وَمَا يَسۡتَـٔۡخِرُونَ ٥

6. Futhi bathi: "Wena lona owembulelwe Isikhumbuzo [iKurani], impela uyahlanya".

وَقَالُواْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِي نُزِّلَ عَلَيۡهِ ٱلذِّكۡرُ إِنَّكَ لَمَجۡنُونٞ ٦

7. Silethele phela izingelosi uma ngempela uqinisile.

لَّوۡ مَا تَأۡتِينَا بِٱلۡمَلَٰٓئِكَةِ إِن كُنتَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ٧

8. Izingelosi siziletha kuphela ngeqiniso futhi abayikunikwa ithuba.

مَا نُنَزِّلُ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةَ إِلَّا بِٱلۡحَقِّ وَمَا كَانُوٓاْ إِذٗا مُّنظَرِينَ ٨

9. Nembala, yithina esambulela Isikhumbuzo [iKurani] futhi yithina esiyoyivikela.
10. Sathumela [iZithunywa] ngaphambi kwakho [Muhamadi] ezizweni zasendulo.
11. Kwakuthi njalo lapho kufika iSithunywa kubo benze ngaso inhlekisa.
12. Sizokufaka [ukungakholwa] kanjaloke ezinhlizweni zezigilamkhuba.
13. Abayikholwa [iKurani] nakuba sesandlula isibonelo salabo basendulo.
14. Noma singabavulela umnyango phezulu ezulwini bakhone njalo ukunyuka ngawo;
15. Bayothi: "Impela amehlo ethu adakwe okuthile, empeleni siloyiwe".
16. Nembala sibeke imizila ezulwini sabe sesilihlobisela labo ababukayo [ngezinkanyezi].
17. Salivikela kuwo wonke uShayitani oqalekisiwe.
18. Ngaphandleke kwalowo ozama ukulalela kepha alandelwe ilangabi elikhanyayo.
19. Nomhlaba sawendlala safaka kuwo izikhonkwane [izintaba], samilisa kuwo yonke into ekalekayo [inani layo].

إِنَّا نَحْنُ نَزَّلْنَا ٱلذِّكْرَ وَإِنَّا لَهُۥ لَحَٰفِظُونَ ﴿٩﴾

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا مِن قَبْلِكَ فِى شِيَعِ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٠﴾

وَمَا يَأْتِيهِم مِّن رَّسُولٍ إِلَّا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿١١﴾

كَذَٰلِكَ نَسْلُكُهُۥ فِى قُلُوبِ ٱلْمُجْرِمِينَ ﴿١٢﴾

لَا يُؤْمِنُونَ بِهِۦ وَقَدْ خَلَتْ سُنَّةُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٣﴾

وَلَوْ فَتَحْنَا عَلَيْهِم بَابًا مِّنَ ٱلسَّمَآءِ فَظَلُّوا۟ فِيهِ يَعْرُجُونَ ﴿١٤﴾

لَقَالُوٓا۟ إِنَّمَا سُكِّرَتْ أَبْصَٰرُنَا بَلْ نَحْنُ قَوْمٌ مَّسْحُورُونَ ﴿١٥﴾

وَلَقَدْ جَعَلْنَا فِى ٱلسَّمَآءِ بُرُوجًا وَزَيَّنَّٰهَا لِلنَّٰظِرِينَ ﴿١٦﴾

وَحَفِظْنَٰهَا مِن كُلِّ شَيْطَٰنٍ رَّجِيمٍ ﴿١٧﴾

إِلَّا مَنِ ٱسْتَرَقَ ٱلسَّمْعَ فَأَتْبَعَهُۥ شِهَابٌ مُّبِينٌ ﴿١٨﴾

وَٱلْأَرْضَ مَدَدْنَٰهَا وَأَلْقَيْنَا فِيهَا رَوَٰسِىَ وَأَنۢبَتْنَا فِيهَا مِن كُلِّ شَىْءٍ مَّوْزُونٍ ﴿١٩﴾

20. Sanifakela kuwo isondlo senu nina kanye nalabo abangondliwa yini.

وَجَعَلْنَا لَكُمْ فِيهَا مَعَٰيِشَ وَمَن لَّسْتُمْ لَهُۥ بِرَٰزِقِينَ ﴿٢٠﴾

21. Futhi ayikho into esingayigcinanga kithi, kepha siyehlisa ngesilinganiso esaziwayo [esibekiwe].

وَإِن مِّن شَىْءٍ إِلَّا عِندَنَا خَزَآئِنُهُۥ وَمَا نُنَزِّلُهُۥٓ إِلَّا بِقَدَرٍ مَّعْلُومٍ ﴿٢١﴾

22. Futhi sithumela imimoya evundisayo bese sehlisa amanzi ezulwini esiniphuzisa wona nakuba nina ningeke nakwazi ukuwaqongelela niwagcine.

وَأَرْسَلْنَا ٱلرِّيَٰحَ لَوَٰقِحَ فَأَنزَلْنَا مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَأَسْقَيْنَٰكُمُوهُ وَمَآ أَنتُمْ لَهُۥ بِخَٰزِنِينَ ﴿٢٢﴾

23. Yithina futhi esiletha impilo nokufa belu yithina esiyohlala sikhona.

وَإِنَّا لَنَحْنُ نُحْىِۦ وَنُمِيتُ وَنَحْنُ ٱلْوَٰرِثُونَ ﴿٢٣﴾

24. Siyabazi labo asebandlula [emhlabeni] ngaphakathi kwenu nalabo abalandelayo.

وَلَقَدْ عَلِمْنَا ٱلْمُسْتَقْدِمِينَ مِنكُمْ وَلَقَدْ عَلِمْنَا ٱلْمُسْتَـْٔخِرِينَ ﴿٢٤﴾

25. Nebala iNkosi yakho iyobabuthanisa bonke, impela Yona Ikhaliphile Iyazi.

وَإِنَّ رَبَّكَ هُوَ يَحْشُرُهُمْ ۚ إِنَّهُۥ حَكِيمٌ عَلِيمٌ ﴿٢٥﴾

26. Sadala umuntu ngodongo olumnyama olunukayo.

وَلَقَدْ خَلَقْنَا ٱلْإِنسَٰنَ مِن صَلْصَٰلٍ مِّنْ حَمَإٍ مَّسْنُونٍ ﴿٢٦﴾

27. Ngaphambilini sadala ijini ngomlilo oshisayo.

وَٱلْجَآنَّ خَلَقْنَٰهُ مِن قَبْلُ مِن نَّارِ ٱلسَّمُومِ ﴿٢٧﴾

28. Khumbula mhla iNkosi yakho ithi ezingelosini: "Ngizodala umuntu ngobumba olomile olumnyama olunukayo".

وَإِذْ قَالَ رَبُّكَ لِلْمَلَٰٓئِكَةِ إِنِّى خَٰلِقٌۢ بَشَرًا مِّن صَلْصَٰلٍ مِّنْ حَمَإٍ مَّسْنُونٍ ﴿٢٨﴾

29. Kuyothi uma sengimbumbile ngaphefumulela kuye uMphefumulo wami, niyobeke nina senimkhothamela.

فَإِذَا سَوَّيْتُهُۥ وَنَفَخْتُ فِيهِ مِن رُّوحِى فَقَعُوا۟ لَهُۥ سَٰجِدِينَ ﴿٢٩﴾

30. Zonke izingelosi zakhothama ngothi lwazo.

فَسَجَدَ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ كُلُّهُمْ أَجْمَعُونَ ﴿٣٠﴾

31. Ngaphandle kuka Ibilisi, benqaba ukukhothama nabakhothamayo.

إِلَّآ إِبْلِيسَ أَبَىٰٓ أَن يَكُونَ مَعَ ٱلسَّٰجِدِينَ ﴿٣١﴾

32. Wathi [u Allah]: "We Ibilisi, yini inkinga yakho ungakhothami nje nabakhothamayo na?"

قَالَ يَٰٓإِبْلِيسُ مَا لَكَ أَلَّا تَكُونَ مَعَ ٱلسَّٰجِدِينَ ﴿٣٢﴾

33. Wathi: "Angeke ngakhothamela umuntu omdale ngobumba olomile olumnyama olunukayo".

قَالَ لَمْ أَكُن لِّأَسْجُدَ لِبَشَرٍ خَلَقْتَهُۥ مِن صَلْصَٰلٍ مِّنْ حَمَإٍ مَّسْنُونٍ ﴿٣٣﴾

34. Wathi [u Allah]: "Phuma kuso [isivande] ngokuba uqalekisiwe".

قَالَ فَٱخْرُجْ مِنْهَا فَإِنَّكَ رَجِيمٌ ﴿٣٤﴾

35. Futhi isiqalekiso siyoba nawe kuze kufike uSuku lokwahlulela.

وَإِنَّ عَلَيْكَ ٱللَّعْنَةَ إِلَىٰ يَوْمِ ٱلدِّينِ ﴿٣٥﴾

36. Wathi [u Ibilisi]: "Nkosi yami, ngiphe impilo ende kuze kufike usuku lokuvuswa".

قَالَ رَبِّ فَأَنظِرْنِىٓ إِلَىٰ يَوْمِ يُبْعَثُونَ ﴿٣٦﴾

37. Wathi [u Allah]: "Nebala, usunikiwe impilo ende".

قَالَ فَإِنَّكَ مِنَ ٱلْمُنظَرِينَ ﴿٣٧﴾

38. Kuze kufike isikhathi esinqunyiwe.

إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْوَقْتِ ٱلْمَعْلُومِ ﴿٣٨﴾

39. Wathi [u Ibilisi]: "Nkosi yami, ngenxa yokungidukisa kwaKho, ngizobayenga emhlabeni ngibadukise bonke".

قَالَ رَبِّ بِمَآ أَغْوَيْتَنِى لَأُزَيِّنَنَّ لَهُمْ فِى ٱلْأَرْضِ وَلَأُغْوِيَنَّهُمْ أَجْمَعِينَ ﴿٣٩﴾

40. Ngaphandle kwezigqila zaKho ezikhethekile ngaphakathi kwabo.

إِلَّا عِبَادَكَ مِنْهُمُ ٱلْمُخْلَصِينَ ﴿٤٠﴾

41. Wathi [u Allah]: "Lena indlela eqondile eza Kimi"

قَالَ هَٰذَا صِرَٰطٌ عَلَىَّ مُسْتَقِيمٌ ﴿٤١﴾

42. Impela izigqila zaMi awuzukuba namandla phezu kwazo, ngaphandle kwalabo abakulandelayo abadukile.

إِنَّ عِبَادِى لَيْسَ لَكَ عَلَيْهِمْ سُلْطَٰنٌ إِلَّا مَنِ ٱتَّبَعَكَ مِنَ ٱلْغَاوِينَ ﴿٤٢﴾

43. Futhi nebala, iJahanamu yilapho beyophelela khona bonke.

وَإِنَّ جَهَنَّمَ لَمَوْعِدُهُمْ أَجْمَعِينَ ﴿٤٣﴾

44. Ineminyago eyisikhombisa, umnyango nomnyango unesabelo owabekelwe sona kubo.

لَهَا سَبْعَةُ أَبْوَٰبٍ لِّكُلِّ بَابٍ مِّنْهُمْ جُزْءٌ مَّقْسُومٌ ﴿٤٤﴾

45. Nebala labo abathobela u Allah bayongena ezivandeni nasemithonjeni.

إِنَّ ٱلْمُتَّقِينَ فِى جَنَّٰتٍ وَعُيُونٍ ﴿٤٥﴾

46. [Kuyothiwa kubo]: "Ngenani kuyo [iJana] ngokuthula niphephile".

ٱدْخُلُوهَا بِسَلَٰمٍ ءَامِنِينَ ﴿٤٦﴾

47. Futhi siyosusa konke okuyinzondo namagqubu ezinhlizweni zabo, [bayophila njengezelamani behlezi emibhedeni bebhekene [ubuso ngobuso].

وَنَزَعْنَا مَا فِى صُدُورِهِم مِّنْ غِلٍّ إِخْوَٰنًا عَلَىٰ سُرُرٍ مُّتَقَٰبِلِينَ ﴿٤٧﴾

48. Abayikukhathala nhlobo kuzo [izivande], futhi abayikukhishwa neze kuzo.

لَا يَمَسُّهُمْ فِيهَا نَصَبٌ وَمَا هُم مِّنْهَا بِمُخْرَجِينَ ﴿٤٨﴾

49. Yazisa izigqila zaMi ukuthi Ngingothethelelayo Onesihawu.

۞ نَبِّئْ عِبَادِىٓ أَنِّىٓ أَنَا ٱلْغَفُورُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٤٩﴾

50. Nokuthi isijeziso saMi isijeziso esibuhlungu.

وَأَنَّ عَذَابِى هُوَ ٱلْعَذَابُ ٱلْأَلِيمُ ﴿٥٠﴾

51. Balandise futhi ngezihambeli zika Ibhirahimu.

وَنَبِّئْهُمْ عَن ضَيْفِ إِبْرَٰهِيمَ ﴿٥١﴾

52. Mhla zingena kuye zathi: "Ukuthula". Wathi yena: "Nembala siyanenqena".

إِذْ دَخَلُوا۟ عَلَيْهِ فَقَالُوا۟ سَلَٰمًا قَالَ إِنَّا مِنكُمْ وَجِلُونَ ﴿٥٢﴾

53. Zathi: "Ungesabi ngokuba sizokuthulela izindaba ezinhle ngendodana enolwazi".

قَالُواْ لَا تَوۡجَلۡ إِنَّا نُبَشِّرُكَ بِغُلَٰمٍ عَلِيمٖ ٥٣

54. Wathi: "Nizongilethela izindaba ezinhle nakuba sengizigugele nje, empeleni yiziphi lezindaba ezinhle enizilethile na?"

قَالَ أَبَشَّرۡتُمُونِي عَلَىٰٓ أَن مَّسَّنِيَ ٱلۡكِبَرُ فَبِمَ تُبَشِّرُونَ ٥٤

55. Zathi: "Sikulethele izindaba ezinhle ngeqiniso ngakhoke ungabi omunye walabo abalahla ithemba".

قَالُواْ بَشَّرۡنَٰكَ بِٱلۡحَقِّ فَلَا تَكُن مِّنَ ٱلۡقَٰنِطِينَ ٥٥

56. Wathi: "Ubani nje ongalahla ithemba emuseni weNkosi yakhe ngaphandle kwalabo abadukile na?"

قَالَ وَمَن يَقۡنَطُ مِن رَّحۡمَةِ رَبِّهِۦٓ إِلَّا ٱلضَّآلُّونَ ٥٦

57. Wathi: "Yini udaba lwenu nina Zithunywa na?"

قَالَ فَمَا خَطۡبُكُمۡ أَيُّهَا ٱلۡمُرۡسَلُونَ ٥٧

58. Bathi: "Thina sithunyelwe kubantu abayizigilamkhuba".

قَالُوٓاْ إِنَّآ أُرۡسِلۡنَآ إِلَىٰ قَوۡمٖ مُّجۡرِمِينَ ٥٨

59. Ngaphandle komndeni ka Luti, bona siyobahlenga bonke.

إِلَّآ ءَالَ لُوطٍۖ إِنَّا لَمُنَجُّوهُمۡ أَجۡمَعِينَ ٥٩

60. Ngaphandle komkakhe, ngokuba sinqume ukuthi uyokuba omunye abasala emuva.

إِلَّا ٱمۡرَأَتَهُۥ قَدَّرۡنَآ إِنَّهَا لَمِنَ ٱلۡغَٰبِرِينَ ٦٠

61. Kuthe lapho iZithunywa zifika emndenini ka Luti,

فَلَمَّا جَآءَ ءَالَ لُوطٍ ٱلۡمُرۡسَلُونَ ٦١

62. Wathi: "Impela ningabantu abangaziwa".

قَالَ إِنَّكُمۡ قَوۡمٞ مُّنكَرُونَ ٦٢

63. Zathi: "Empeleni size kuwe mayelana nalokho abakungabazayo".

قَالُواْ بَلۡ جِئۡنَٰكَ بِمَا كَانُواْ فِيهِ يَمۡتَرُونَ ٦٣

64. Futhi size kuwe ngeqiniso belu siqinisile.

وَأَتَيۡنَٰكَ بِٱلۡحَقِّ وَإِنَّا لَصَٰدِقُونَ ٦٤

65. Ngakhoke hamba nomndeni wakho ebusuku, ubalandele ngemuva kungabikho noyedwa kini obheka emuva niye lapho eniyalelwe khona.

فَأَسْرِ بِأَهْلِكَ بِقِطْعٍ مِّنَ ٱلَّيْلِ وَٱتَّبِعْ أَدْبَـٰرَهُمْ وَلَا يَلْتَفِتْ مِنكُمْ أَحَدٌ وَٱمْضُوا۟ حَيْثُ تُؤْمَرُونَ ﴿٦٥﴾

66. Futhi sembulela kuye [uLuti] lolo daba, ukuthi laba bayobhujiswa bonke ngothi lwabo entathakusa.

وَقَضَيْنَآ إِلَيْهِ ذَٰلِكَ ٱلْأَمْرَ أَنَّ دَابِرَ هَـٰٓؤُلَآءِ مَقْطُوعٌ مُّصْبِحِينَ ﴿٦٦﴾

67. Abantu bendawo beza bajabulile.

وَجَآءَ أَهْلُ ٱلْمَدِينَةِ يَسْتَبْشِرُونَ ﴿٦٧﴾

68. Wathi [uLuti]: "Nebala laba izivakashi zami ngakhoke ningangiphoxi".

قَالَ إِنَّ هَـٰٓؤُلَآءِ ضَيْفِى فَلَا تَفْضَحُونِ ﴿٦٨﴾

69. Nithobele u Allah, ningangihlazi.

وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَلَا تُخْزُونِ ﴿٦٩﴾

70. Bathi: "Kadeni besingakunqabelanga yini ekuletheni abantu bezizwe na?".

قَالُوٓا۟ أَوَلَمْ نَنْهَكَ عَنِ ٱلْعَـٰلَمِينَ ﴿٧٠﴾

71. Wathi: "Nawa abadodakazi ami uma ngempela nizimisele ngokukwenza [lokhu]".

قَالَ هَـٰٓؤُلَآءِ بَنَاتِىٓ إِن كُنتُمْ فَـٰعِلِينَ ﴿٧١﴾

72. Ngempilo yakho [Muhamadi] impela; nembala banhlanhlatha ekudukeni kwabo.

لَعَمْرُكَ إِنَّهُمْ لَفِى سَكْرَتِهِمْ يَعْمَهُونَ ﴿٧٢﴾

73. Babe sebehlaselwa umsindo ekuseni kusa.

فَأَخَذَتْهُمُ ٱلصَّيْحَةُ مُشْرِقِينَ ﴿٧٣﴾

74. Sathatha ingaphezulu lendawo salisa ngaphansi saletha kuyo imvula yamatshe obumba.

فَجَعَلْنَا عَـٰلِيَهَا سَافِلَهَا وَأَمْطَرْنَا عَلَيْهِمْ حِجَارَةً مِّن سِجِّيلٍ ﴿٧٤﴾

75. Impela kulokho kunezifundo kulabo abajulayo bahlaziye.

إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَـَٔايَـٰتٍ لِّلْمُتَوَسِّمِينَ ﴿٧٥﴾

76. Futhi [lendawo] isendleleni eqondile [okudlulwa kuyo].

وَإِنَّهَا لَبِسَبِيلٍ مُّقِيمٍ ﴿٧٦﴾

77. Impela kulokho kunesifundo kulabo abakholwayo.

إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَآيَةً لِّلْمُؤْمِنِينَ ﴿٧٧﴾

78. Nesizwe samahlathi saphambuka.

وَإِن كَانَ أَصْحَابُ الْأَيْكَةِ لَظَالِمِينَ ﴿٧٨﴾

79. Saziphindisela kubo futhi zombili [lezindawo] zisendleleni esobala.

فَانتَقَمْنَا مِنْهُمْ وَإِنَّهُمَا لَبِإِمَامٍ مُّبِينٍ ﴿٧٩﴾

80. Futhi abantu base Hijiri baziphika iZithunywa.

وَلَقَدْ كَذَّبَ أَصْحَابُ الْحِجْرِ الْمُرْسَلِينَ ﴿٨٠﴾

81. Sabalethela izibokaliso zeThu, kepha bona bazishaya indiva.

وَآتَيْنَاهُمْ آيَاتِنَا فَكَانُوا عَنْهَا مُعْرِضِينَ ﴿٨١﴾

82. Babebaza izintaba bakhe izindlu bephephile.

وَكَانُوا يَنْحِتُونَ مِنَ الْجِبَالِ بُيُوتًا آمِنِينَ ﴿٨٢﴾

83. Base behlaselwa umsindo entathakusa.

فَأَخَذَتْهُمُ الصَّيْحَةُ مُصْبِحِينَ ﴿٨٣﴾

84. Konke lokhu ababekwenza akubasizanga ngalutho.

فَمَا أَغْنَىٰ عَنْهُم مَّا كَانُوا يَكْسِبُونَ ﴿٨٤﴾

85. Futhi sadala amazulu nomhlaba nokumaphakathi ngeqiniso. Impela iSikhathi [sokwahlulela] siyofika nakanjani. Ngakhoke xolela wendlulise ngesihle.

وَمَا خَلَقْنَا السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضَ وَمَا بَيْنَهُمَا إِلَّا بِالْحَقِّ ۗ وَإِنَّ السَّاعَةَ لَآتِيَةٌ ۖ فَاصْفَحِ الصَّفْحَ الْجَمِيلَ ﴿٨٥﴾

86. Nembala iNkosi yakho inguMdali Owaziyo.

إِنَّ رَبَّكَ هُوَ الْخَلَّاقُ الْعَلِيمُ ﴿٨٦﴾

87. Futhi sikunike okuyisikhombisa [imibiko] okuphindaphindwayo kanye neKurani Enkulu.

وَلَقَدْ آتَيْنَاكَ سَبْعًا مِّنَ الْمَثَانِي وَالْقُرْآنَ الْعَظِيمَ ﴿٨٧﴾

88. Ngakhoke ungakulangezeleli lokho esibajabulise ngakho abanye babo [abangakholwa] futhi ungabi lusizi ngabo bese uzithoba kulabo abakholwayo.

لَا تَمُدَّنَّ عَيْنَيْكَ إِلَىٰ مَا مَتَّعْنَا بِهِۦٓ أَزْوَٰجًا مِّنْهُمْ وَلَا تَحْزَنْ عَلَيْهِمْ وَٱخْفِضْ جَنَاحَكَ لِلْمُؤْمِنِينَ ﴿٨٨﴾

89. Futhi uthi: "Nebala mina ngingumexwayisi ocacisayo".

وَقُلْ إِنِّىٓ أَنَا ٱلنَّذِيرُ ٱلْمُبِينُ ﴿٨٩﴾

90. Njengalokhu esakwehlisela labo abahlukanisayo.

كَمَآ أَنزَلْنَا عَلَى ٱلْمُقْتَسِمِينَ ﴿٩٠﴾

91. Labo ababenza iKurani izigamu.

ٱلَّذِينَ جَعَلُوا۟ ٱلْقُرْءَانَ عِضِينَ ﴿٩١﴾

92. Nakanjani siyobabuza bonke, ngiyifunge iNkosi yakho.

فَوَرَبِّكَ لَنَسْـَٔلَنَّهُمْ أَجْمَعِينَ ﴿٩٢﴾

93. Ngakho konke lokhu ababekwenza.

عَمَّا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٩٣﴾

94. Ngakhoke sabalalisa lokhu oyalelwe kona uziqhelelanise nabakhonzi zithixo.

فَٱصْدَعْ بِمَا تُؤْمَرُ وَأَعْرِضْ عَنِ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿٩٤﴾

95. Impela Thina sikwanele ekubhekaneni nalabo abenza inhlekisa.

إِنَّا كَفَيْنَٰكَ ٱلْمُسْتَهْزِءِينَ ﴿٩٥﴾

96. Labo ababhangqa ezinye izikhonzwa no Allah; maduze nje bayokwazi.

ٱلَّذِينَ يَجْعَلُونَ مَعَ ٱللَّهِ إِلَٰهًا ءَاخَرَ ۖ فَسَوْفَ يَعْلَمُونَ ﴿٩٦﴾

97. Futhi siyazi ukuthi kuyakukhubaza emoyeni lokhu abakushoyo.

وَلَقَدْ نَعْلَمُ أَنَّكَ يَضِيقُ صَدْرُكَ بِمَا يَقُولُونَ ﴿٩٧﴾

98. Ngakhoke babaza udomu lweNkosi yakho ube ngomunye wabakhothama bawe ngobuso [abenza iswala].

فَسَبِّحْ بِحَمْدِ رَبِّكَ وَكُن مِّنَ ٱلسَّٰجِدِينَ ﴿٩٨﴾

99. Ukhonze iNkosi yakho uze uyofa.

وَٱعْبُدْ رَبَّكَ حَتَّىٰ يَأْتِيَكَ ٱلْيَقِينُ ﴿٩٩﴾

(16) SURA NAHALI
IZINYOSI

سُورَةُ النَّحۡلِ

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

أَتَىٰٓ أَمۡرُ ٱللَّهِ فَلَا تَسۡتَعۡجِلُوهُۚ سُبۡحَٰنَهُۥ وَتَعَٰلَىٰ عَمَّا يُشۡرِكُونَ ١

1. Umyalelo ka Allah uyeza, ngakhoke ningawujahi. Ungcwele futhi uPhakeme kunalokho abakubhangqayo.

يُنَزِّلُ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةَ بِٱلرُّوحِ مِنۡ أَمۡرِهِۦ عَلَىٰ مَن يَشَآءُ مِنۡ عِبَادِهِۦٓ أَنۡ أَنذِرُوٓاْ أَنَّهُۥ لَآ إِلَٰهَ إِلَّآ أَنَا۠ فَٱتَّقُونِ ٢

2. Uthumela izingelosi noRuhu [uJibhirili] ngomyalelo waKhe kulowo amthandayo ezingqileni zaKhe [othi]: "Xwayisani [abantu] ukuthi akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwaMi, ngakhoke ngithobeleni".

خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَ بِٱلۡحَقِّۚ تَعَٰلَىٰ عَمَّا يُشۡرِكُونَ ٣

3. Udale amazulu nomhlaba ngeqiniso; Uphakeme kunalokho abakubhangqayo.

خَلَقَ ٱلۡإِنسَٰنَ مِن نُّطۡفَةٖ فَإِذَا هُوَ خَصِيمٞ مُّبِينٞ ٤

4. Udale umuntu ngesidoda, kepha sekunguye lo osengumqophisi oqavile.

وَٱلۡأَنۡعَٰمَ خَلَقَهَاۖ لَكُمۡ فِيهَا دِفۡءٞ وَمَنَٰفِعُ وَمِنۡهَا تَأۡكُلُونَ ٥

5. Kanjalo nemfuyo wayidala. Kuyo nithola imfudumalo [ngezikhumba zazo] nizuze nokunye belu niyadla nakuyo.

وَلَكُمۡ فِيهَا جَمَالٌ حِينَ تُرِيحُونَ وَحِينَ تَسۡرَحُونَ ٦

6. Futhi kuyo nithola ubuhle lapho nizibuyisa ntambama nalapho nizikhipha ekuseni.

وَتَحْمِلُ أَثْقَالَكُمْ إِلَىٰ بَلَدٍ لَّمْ تَكُونُوا۟
بَٰلِغِيهِ إِلَّا بِشِقِّ ٱلْأَنفُسِ ۚ إِنَّ رَبَّكُمْ
لَرَءُوفٌ رَّحِيمٌ ﴿٧﴾

7. Futhi inithwalela imithwalo yenu iyise ezindaweni ebeniyofika kuzo kanzima. Impela iNkosi yenu Inesihe Inesihawu.

وَٱلْخَيْلَ وَٱلْبِغَالَ وَٱلْحَمِيرَ لِتَرْكَبُوهَا
وَزِينَةً ۚ وَيَخْلُقُ مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿٨﴾

8. Namahhashi nezinkonkoni nezimbongolo wazidala ukuze nizigibele nokuthi nithole nobuhle kuzo. Futhi uyodala lokhu eningakwazi.

وَعَلَى ٱللَّهِ قَصْدُ ٱلسَّبِيلِ وَمِنْهَا جَآئِرٌ ۚ
وَلَوْ شَآءَ لَهَدَىٰكُمْ أَجْمَعِينَ ﴿٩﴾

9. Kuku Allah ukucacisa indlela eqondile, belu kunenye egwembile. Uma u Allah ethanda anganiholela nonke endleleni eqondile.

هُوَ ٱلَّذِىٓ أَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً
لَّكُم مِّنْهُ شَرَابٌ وَمِنْهُ شَجَرٌ فِيهِ
تُسِيمُونَ ﴿١٠﴾

10. NguYena lona owehlisa amanzi emvula; niphuza kuwo aphinde ahlumise izihlahla enidlisa kuzo imfuyo yenu.

يُنۢبِتُ لَكُم بِهِ ٱلزَّرْعَ وَٱلزَّيْتُونَ
وَٱلنَّخِيلَ وَٱلْأَعْنَٰبَ وَمِن كُلِّ ٱلثَّمَرَٰتِ ۗ
إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَةً لِّقَوْمٍ يَتَفَكَّرُونَ ﴿١١﴾

11. Unikhulisela ngawo [amanzi emvula] izitshalo zama olivi namasundi nemivini nayo yonke inhlobo yezithelo. Impela kukho konke lokho kunesibonakaliso kulabo abahlaziyayo.

وَسَخَّرَ لَكُمُ ٱلَّيْلَ وَٱلنَّهَارَ وَٱلشَّمْسَ
وَٱلْقَمَرَ ۖ وَٱلنُّجُومُ مُسَخَّرَٰتٌۢ بِأَمْرِهِۦٓ ۗ إِنَّ
فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يَعْقِلُونَ ﴿١٢﴾

12. Wanijubela ubusuku nemini nelanga nenyanga, kanjalo nezinkanyezi zijutshiwe ngomyalelo waKhe. Impela kulokho kunezibonakaliso kulabo abaqondayo.

وَمَا ذَرَأَ لَكُمْ فِى ٱلْأَرْضِ مُخْتَلِفًا
أَلْوَٰنُهُۥٓ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَةً لِّقَوْمٍ
يَذَّكَّرُونَ ﴿١٣﴾

13. Waphinde wanijubela konke lokhu akudalile emhlabeni okumubala ihlukene. Impela kulokho kunesibonakaliso kulabo bantu abaxwayisekayo.

14. Futhi nguYena lona onijubele ulwandle ukuba nidle kulo inyama ethambile nokuthi nikhiphe kulo ubucwebe enibugqokayo. Futhi uzobona umkhumbi uhamba udabula kulo. [walijuba] futhi ukuze nizifunele ezibusisweni zaKhe hleze nibonge.

وَهُوَ ٱلَّذِى سَخَّرَ ٱلْبَحْرَ لِتَأْكُلُوا۟ مِنْهُ لَحْمًا طَرِيًّا وَتَسْتَخْرِجُوا۟ مِنْهُ حِلْيَةً تَلْبَسُونَهَا ۖ وَتَرَى ٱلْفُلْكَ مَوَاخِرَ فِيهِ وَلِتَبْتَغُوا۟ مِن فَضْلِهِۦ وَلَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿١٤﴾

15. Wagxumeka izikhonkwane [izintaba] emhlabeni ukuze ungazamazami nani, kanjalo nemifula nezindlela ukuze ningaduki.

وَأَلْقَىٰ فِى ٱلْأَرْضِ رَوَٰسِىَ أَن تَمِيدَ بِكُمْ وَأَنْهَٰرًا وَسُبُلًا لَّعَلَّكُمْ تَهْتَدُونَ ﴿١٥﴾

16. Wadala nezimpawu [zokulayela indlela emini] futhi basenzisa izinkanyezi ukuthola indlela [ebusuku].

وَعَلَٰمَٰتٍ ۚ وَبِٱلنَّجْمِ هُمْ يَهْتَدُونَ ﴿١٦﴾

17. Ingabe lowo odalayo uyefana nalowo ongadali na? Kungani ningaqondi na?

أَفَمَن يَخْلُقُ كَمَن لَّا يَخْلُقُ ۗ أَفَلَا تَذَكَّرُونَ ﴿١٧﴾

18. Futhi uma ningabala izibusiso zika Allah anisoze naziqeda. Impela u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

وَإِن تَعُدُّوا۟ نِعْمَةَ ٱللَّهِ لَا تُحْصُوهَآ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَغَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٨﴾

19. U Allah ukwazi konke lokho enikufihlayo nakonke lokho enikuveza obala.

وَٱللَّهُ يَعْلَمُ مَا تُسِرُّونَ وَمَا تُعْلِنُونَ ﴿١٩﴾

20. Futhi laba ababakhonzayo ngaphandle kuka Allah abadali lutho kunalokho badaliwe bona uqobo.

وَٱلَّذِينَ يَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ لَا يَخْلُقُونَ شَيْـًٔا وَهُمْ يُخْلَقُونَ ﴿٢٠﴾

21. Bafile abaphili nhlobo futhi abazi nokuthi bayovuswa nini.

أَمْوَٰتٌ غَيْرُ أَحْيَآءٍ ۖ وَمَا يَشْعُرُونَ أَيَّانَ يُبْعَثُونَ ﴿٢١﴾

إِلَٰهُكُمْ إِلَٰهٌ وَٰحِدٌ ۚ فَٱلَّذِينَ لَا
يُؤْمِنُونَ بِٱلْءَاخِرَةِ قُلُوبُهُم مُّنكِرَةٌ وَهُم
مُّسْتَكْبِرُونَ ﴿٢٢﴾

22. Lowo okumele nimkhonze uyedwa vo. Kepha labo abangakholela kwelizayo izinhliziyo zabo ziyaphika futhi bayazigqaja.

لَا جَرَمَ أَنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ مَا يُسِرُّونَ
وَمَا يُعْلِنُونَ ۚ إِنَّهُۥ لَا يُحِبُّ
ٱلْمُسْتَكْبِرِينَ ﴿٢٣﴾

23. Akungatshazwa ukuthi u Allah ukwazi konke abakufihlile nakho konke ababeka obala. Impela [u Allah] akabathandi labo abazigqajayo.

وَإِذَا قِيلَ لَهُم مَّاذَآ أَنزَلَ رَبُّكُمْ قَالُوٓا۟
أَسَٰطِيرُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٢٤﴾

24. Uma kuthiwa kubo: "Yini lokhu okwembulelwe yiNkosi yenu na?" Bathi: "Izinganekwane nje!"

لِيَحْمِلُوٓا۟ أَوْزَارَهُمْ كَامِلَةً يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ
وَمِنْ أَوْزَارِ ٱلَّذِينَ يُضِلُّونَهُم بِغَيْرِ عِلْمٍ ۗ
أَلَا سَآءَ مَا يَزِرُونَ ﴿٢٥﴾

25. Bayothwala-ke imithwalo [yempambuko] yabo ngokugcwele ngoSuku lokwahlulela neyalabo abekade bebadukisa ngaphandle kolwazi.

قَدْ مَكَرَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ فَأَتَى ٱللَّهُ
بُنْيَٰنَهُم مِّنَ ٱلْقَوَاعِدِ فَخَرَّ عَلَيْهِمُ
ٱلسَّقْفُ مِن فَوْقِهِمْ وَأَتَىٰهُمُ ٱلْعَذَابُ
مِنْ حَيْثُ لَا يَشْعُرُونَ ﴿٢٦﴾

26. Labo ababandulelayo nabo bakha uzungu kepha u Allah wabhidliza izinsika zesakhiwo sabo, lwabe uphala lwawela phezu kwabo. Futhi isijeziso sabafikela ngalapho ababenganake ngakhona.

ثُمَّ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ يُخْزِيهِمْ وَيَقُولُ أَيْنَ
شُرَكَآءِىَ ٱلَّذِينَ كُنتُمْ تُشَٰٓقُّونَ فِيهِمْ ۚ
قَالَ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْعِلْمَ إِنَّ ٱلْخِزْىَ ٱلْيَوْمَ
وَٱلسُّوٓءَ عَلَى ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٢٧﴾

27. Kuthi ngoSuku lokuhlulela, [u Allah] uyobahlaza bese ethi: "Ziphi lezimbangi zami lezi ebeniphambuka ngenxa yazo na?". Laba abanikwa ulwazi bayothi: "Nebala ihlazo nesijeziso namhlanje siyokwehlela labo abangakholwa".

ٱلَّذِينَ تَتَوَفَّىٰهُمُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ ظَالِمِىٓ أَنفُسِهِمْ ۖ فَأَلْقَوُا۟ ٱلسَّلَمَ مَا كُنَّا نَعْمَلُ مِن سُوٓءٍ ۚ بَلَىٰٓ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٌۢ بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٢٨﴾

28. Labo okuyothi mhla izingelosi zithatha imiphefumulo yabo bengabaphambukile. Bayozinikela [bathi]: "Asikaze senze lutho olubi". Phinde! Impela u Allah uyakwazi lokho ababekwenza.

فَٱدْخُلُوٓا۟ أَبْوَٰبَ جَهَنَّمَ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۖ فَلَبِئْسَ مَثْوَى ٱلْمُتَكَبِّرِينَ ﴿٢٩﴾

29. [Kuyothiwa kubo]: "Ngakhoke ngenani eJahanamu nihlale kuyo unaphakade. Yaze yayimbi indawo yabazigqajayo.

* وَقِيلَ لِلَّذِينَ ٱتَّقَوْا۟ مَاذَآ أَنزَلَ رَبُّكُمْ ۚ قَالُوا۟ خَيْرًا ۗ لِّلَّذِينَ أَحْسَنُوا۟ فِى هَٰذِهِ ٱلدُّنْيَا حَسَنَةٌ ۚ وَلَدَارُ ٱلْءَاخِرَةِ خَيْرٌ ۚ وَلَنِعْمَ دَارُ ٱلْمُتَّقِينَ ﴿٣٠﴾

30. Kuyobe sekuthiwa kulabo abathobela u Allah: "Yini lena eyembulelwe yiNkosi yenu na". Bayothi: "Okuhle". Labo abenza okuhle lapha emhlabeni bayothola okuhle. Futhi umuzi wakwelizayo ungcono; waze wamuhle umuzi walabo abathobela u Allah.

جَنَّٰتُ عَدْنٍ يَدْخُلُونَهَا تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ ۖ لَهُمْ فِيهَا مَا يَشَآءُونَ ۚ كَذَٰلِكَ يَجْزِى ٱللَّهُ ٱلْمُتَّقِينَ ﴿٣١﴾

31. Izivande zokuhlala abayongena kuzo, okugeleza imifula ezansi kwazo, bayothola kuzo konke abakufunayo. Ubahlomulisa kanjalo u Allah labo abamthobelayo.

ٱلَّذِينَ تَتَوَفَّىٰهُمُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ طَيِّبِينَ يَقُولُونَ سَلَٰمٌ عَلَيْكُمُ ٱدْخُلُوا۟ ٱلْجَنَّةَ بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٣٢﴾

32. Labo okuthi lapho izingelosi zithatha imiphefumulo yabo babe bemsulwa. Zithi kubo: "Ukuthula makube kini, ngenani eJana ngenxa yezenzo zenu".

هَلْ يَنظُرُونَ إِلَّآ أَن تَأْتِيَهُمُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ أَوْ يَأْتِىَ أَمْرُ رَبِّكَ ۚ كَذَٰلِكَ فَعَلَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۚ وَمَا ظَلَمَهُمُ ٱللَّهُ وَلَٰكِن كَانُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ يَظْلِمُونَ ﴿٣٣﴾

33. Ingabe balinde ukuba kufike kubo izingelosi noma umyalelo [wembubhiso] weNkosi yakho na? Belu labo ababandulelayo benza nabo kanjalo. Kepha u

Allah akabahlukumezanga kepha babezihlukumeza bona uqobo.

34. Ngakhoke behlelwa imiphumela emibi yalokho ababekwenza baphinde bahaqwa yilokho ababehlekisa ngakho.

فَأَصَابَهُمْ سَيِّـَٔاتُ مَا عَمِلُوا۟ وَحَاقَ بِهِم مَّا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٣٤﴾

35. Laba abangqayo bathi: "Ukube u Allah ubefuna, thina nokhokho bethu ngabe asizange sikhonze lutho ngaphandle kwaKhe futhi ngabe asiqabelanga lutho ngaphandle kwaKhe". Benza kanjalo nalabo ababandulelayo. Ingebe kukhona okunye iSithunywa esingakwenza ngaphandle nje kokudlulisa umlayezo ocacile na?.

وَقَالَ ٱلَّذِينَ أَشْرَكُوا۟ لَوْ شَآءَ ٱللَّهُ مَا عَبَدْنَا مِن دُونِهِۦ مِن شَىْءٍ نَّحْنُ وَلَآ ءَابَآؤُنَا وَلَا حَرَّمْنَا مِن دُونِهِۦ مِن شَىْءٍ ۚ كَذَٰلِكَ فَعَلَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۚ فَهَلْ عَلَى ٱلرُّسُلِ إِلَّا ٱلْبَلَٰغُ ٱلْمُبِينُ ﴿٣٥﴾

36. Nebala kuzo zonke izizwe sathumela iSithunywa ukuba sithi: "Khonzani u Allah bese niziqhelelanisa nezikhonzwa zamanga". Kwaba nalabo kubo u Allah abahola kepha abanye banelwa ukuduka. Ngakhoke hambani emhlabeni nibone ukuthi saba njani isiphetho sabaphika iqiniso.

وَلَقَدْ بَعَثْنَا فِى كُلِّ أُمَّةٍ رَّسُولًا أَنِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ وَٱجْتَنِبُوا۟ ٱلطَّٰغُوتَ ۖ فَمِنْهُم مَّنْ هَدَى ٱللَّهُ وَمِنْهُم مَّنْ حَقَّتْ عَلَيْهِ ٱلضَّلَٰلَةُ ۚ فَسِيرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ فَٱنظُرُوا۟ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلْمُكَذِّبِينَ ﴿٣٦﴾

37. Uma umnkanka ukuba baholelwe [endleni eqondile], u Allah akamholi lowo ofuna ukuduka, futhi abekho abayobasiza.

إِن تَحْرِصْ عَلَىٰ هُدَىٰهُمْ فَإِنَّ ٱللَّهَ لَا يَهْدِى مَن يُضِلُّ ۖ وَمَا لَهُم مِّن نَّٰصِرِينَ ﴿٣٧﴾

38. Bathatha izifungo ezinzima ngo Allah, ukuthi, u Allah akasoze abavusa abafileyo. Nakanjani! Phela yisithembiso saKhe seqiniso kepha iningi labantu alazi.

وَأَقْسَمُوا۟ بِٱللَّهِ جَهْدَ أَيْمَٰنِهِمْ لَا يَبْعَثُ ٱللَّهُ مَن يَمُوتُ ۚ بَلَىٰ وَعْدًا عَلَيْهِ حَقًّا وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٣٨﴾

39. Ukuze abacacisele ngalokho ababephikisana ngakho nokuthi laba abangakholwa bazi ukuthi babenamanga.

لِيُبَيِّنَ لَهُمُ ٱلَّذِى يَخْتَلِفُونَ فِيهِ وَلِيَعْلَمَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ أَنَّهُمْ كَانُوا۟ كَٰذِبِينَ ﴿٣٩﴾

40. Izwi esilishoyo uma kunento esifunayo, sivane Sithi: "Yenzeka", bese kuyenzeka.

إِنَّمَا قَوْلُنَا لِشَىْءٍ إِذَآ أَرَدْنَٰهُ أَن نَّقُولَ لَهُۥ كُن فَيَكُونُ ﴿٤٠﴾

41. Futhi labo abafudukela ukuthokozisa u Allah emuva kokuba behlukunyeziwe, sizobabeka endaweni enhle emhlabeni kanti futhi umvuzo wakwelizayo mkhulu, ukube nje bebazi.

وَٱلَّذِينَ هَاجَرُوا۟ فِى ٱللَّهِ مِنۢ بَعْدِ مَا ظُلِمُوا۟ لَنُبَوِّئَنَّهُمْ فِى ٱلدُّنْيَا حَسَنَةً ۖ وَلَأَجْرُ ٱلْءَاخِرَةِ أَكْبَرُ ۚ لَوْ كَانُوا۟ يَعْلَمُونَ ﴿٤١﴾

42. Labo ababekezalayo bethembele eNkosini yabo.

ٱلَّذِينَ صَبَرُوا۟ وَعَلَىٰ رَبِّهِمْ يَتَوَكَّلُونَ ﴿٤٢﴾

43. Futhi sathumela amadoda kuphela ngaphambi kwakho [Muhamadi] ebesambulela kuwo. Ngakhoke buzani labo abanolwazi uma ningazi.

وَمَآ أَرْسَلْنَا مِن قَبْلِكَ إِلَّا رِجَالًا نُّوحِىٓ إِلَيْهِمْ ۖ فَسْـَٔلُوٓا۟ أَهْلَ ٱلذِّكْرِ إِن كُنتُمْ لَا تَعْلَمُونَ ﴿٤٣﴾

44. Sawathumela nezibonakaliso neZincwadi. Sembulela kuwe [Muhamadi] Isikhumbuzi [iKurani] ukuze uhlalusele isintu lokho abembulelwe kona hlele bajule bacabangisise.

بِٱلْبَيِّنَٰتِ وَٱلزُّبُرِ ۗ وَأَنزَلْنَآ إِلَيْكَ ٱلذِّكْرَ لِتُبَيِّنَ لِلنَّاسِ مَا نُزِّلَ إِلَيْهِمْ وَلَعَلَّهُمْ يَتَفَكَّرُونَ ﴿٤٤﴾

أَفَأَمِنَ ٱلَّذِينَ مَكَرُوا۟ ٱلسَّيِّـَٔاتِ أَن
يَخْسِفَ ٱللَّهُ بِهِمُ ٱلْأَرْضَ أَوْ يَأْتِيَهُمُ
ٱلْعَذَابُ مِنْ حَيْثُ لَا يَشْعُرُونَ ﴿٤٥﴾

45. Ingabe labo abakha amasu amabi, bazibona bephephile yini ekutheni u Allah abagwinyise ngomhlaba noma bafikelwe isijeziso ngalapho bengazelele khona...

أَوْ يَأْخُذَهُمْ فِى تَقَلُّبِهِمْ فَمَا هُم
بِمُعْجِزِينَ ﴿٤٦﴾

46. Noma sibahlasele lapho bematasa na? Bheka ngoba abasoze baphunyula.

أَوْ يَأْخُذَهُمْ عَلَىٰ تَخَوُّفٍ فَإِنَّ رَبَّكُمْ
لَرَءُوفٌ رَّحِيمٌ ﴿٤٧﴾

47. Noma sibahlasele lapho besaba; impela iNkosi yabo Inobubele Inesihawu.

أَوَلَمْ يَرَوْا۟ إِلَىٰ مَا خَلَقَ ٱللَّهُ مِن شَىْءٍ
يَتَفَيَّؤُا۟ ظِلَٰلُهُۥ عَنِ ٱلْيَمِينِ وَٱلشَّمَآئِلِ
سُجَّدًا لِّلَّهِ وَهُمْ دَٰخِرُونَ ﴿٤٨﴾

48. Ingabe abayiboni yonke into edalwe ngu Allah, amthunzi azo aya le kwesokudla nale kwesobunxele ekhothamela u Allah ngokuzithoba.

وَلِلَّهِ يَسْجُدُ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى
ٱلْأَرْضِ مِن دَآبَّةٍ وَٱلْمَلَٰٓئِكَةُ وَهُمْ لَا
يَسْتَكْبِرُونَ ﴿٤٩﴾

49. Futhi konke okusemazulwini nazo zonke izilwane ezisemhlabeni kanye nezingelosi ngokungazigqaji.

يَخَافُونَ رَبَّهُم مِّن فَوْقِهِمْ وَيَفْعَلُونَ مَا
يُؤْمَرُونَ ۩ ﴿٥٠﴾

50. Zesaba iNkosi yabo engaphezu kwabo futhi zenza njengoba ziyalelwe.

* وَقَالَ ٱللَّهُ لَا تَتَّخِذُوٓا۟ إِلَٰهَيْنِ ٱثْنَيْنِ ۖ
إِنَّمَا هُوَ إِلَٰهٌ وَٰحِدٌ ۖ فَإِيَّىَ فَٱرْهَبُونِ ﴿٥١﴾

51. U Allah uthi: "Ningabi nezikhonzwa ezimbili [ngesikhathi esisodwa], ngokuba okumele nimkhonze uyedwa vo, ngakhoke sabani Mina kuphela".

وَلَهُۥ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَلَهُ
ٱلدِّينُ وَاصِبًا ۚ أَفَغَيْرَ ٱللَّهِ تَتَّقُونَ ﴿٥٢﴾

52. Futhi konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe nakho konke ukuthotshelwa ngokugcwele kungokwaKhe.

Ingabe ukhona omunye enimthobelayo ngaphandle kuka Allah na?

وَمَا بِكُم مِّن نِّعْمَةٍ فَمِنَ ٱللَّهِ ثُمَّ إِذَا مَسَّكُمُ ٱلضُّرُّ فَإِلَيْهِ تَجْـَٔرُونَ ﴿٥٣﴾

53. Zonke izibusiso eninazo zivela ku Allah, futhi uma nehlelwa umshophi nizilahla kuYe.

ثُمَّ إِذَا كَشَفَ ٱلضُّرَّ عَنكُمْ إِذَا فَرِيقٌ مِّنكُم بِرَبِّهِمْ يُشْرِكُونَ ﴿٥٤﴾

54. Kepha kuthi uma esenisusele umshophi, abanye benu babhangqa iNkosi yabo nezikhonzwa.

لِيَكْفُرُوا۟ بِمَآ ءَاتَيْنَـٰهُمْ ۚ فَتَمَتَّعُوا۟ فَسَوْفَ تَعْلَمُونَ ﴿٥٥﴾

55. Bese bengesakubongi lokho esibaphe kona. Ngakhoke nethezekani, kepha nizokwazi maduze nje.

وَيَجْعَلُونَ لِمَا لَا يَعْلَمُونَ نَصِيبًا مِّمَّا رَزَقْنَـٰهُمْ ۗ تَٱللَّهِ لَتُسْـَٔلُنَّ عَمَّا كُنتُمْ تَفْتَرُونَ ﴿٥٦﴾

56. Futhi babela lokho abangakwazi isabelo kulokho esibabele kona. Ngimfunge u Allah, niyobuzwa ngakhu enikuqambayo.

وَيَجْعَلُونَ لِلَّهِ ٱلْبَنَـٰتِ سُبْحَـٰنَهُۥ وَلَهُم مَّا يَشْتَهُونَ ﴿٥٧﴾

57. Baqokela u Allah amadodakazi – makangcwelise! Kepha bona baziqokela abakuthandayo.

وَإِذَا بُشِّرَ أَحَدُهُم بِٱلْأُنثَىٰ ظَلَّ وَجْهُهُۥ مُسْوَدًّا وَهُوَ كَظِيمٌ ﴿٥٨﴾

58. Omunye wabo uma ehalaliselwa ngendodakazi, ubuso bakhe buyagqungqa bube mnyama bhuqe wadangala.

يَتَوَٰرَىٰ مِنَ ٱلْقَوْمِ مِن سُوٓءِ مَا بُشِّرَ بِهِۦٓ ۚ أَيُمْسِكُهُۥ عَلَىٰ هُونٍ أَمْ يَدُسُّهُۥ فِى ٱلتُّرَابِ ۗ أَلَا سَآءَ مَا يَحْكُمُونَ ﴿٥٩﴾

59. Useyozifihla ebantwini ngenxa yento embi aziswe ngayo. Ayigcine, angene ehlazweni noma ayishutheke emhlabathini [ayingcwabe iphila]. Yaze yayimbi indlela abahlulela ngayo.

لِلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ بِٱلْءَاخِرَةِ مَثَلُ ٱلسَّوْءِ ۖ وَلِلَّهِ ٱلْمَثَلُ ٱلْأَعْلَىٰ ۚ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٦٠﴾

60. Labo abangakholelwa oSukwini lokuGcina banomzekelo omubi kepha u Allah unomzekelo ophakeme futhi uNgusomandla Okhaliphile.

وَلَوْ يُؤَاخِذُ ٱللَّهُ ٱلنَّاسَ بِظُلْمِهِم مَّا تَرَكَ عَلَيْهَا مِن دَآبَّةٍ وَلَٰكِن يُؤَخِّرُهُمْ إِلَىٰٓ أَجَلٍ مُّسَمًّى ۖ فَإِذَا جَآءَ أَجَلُهُمْ لَا يَسْتَـْٔخِرُونَ سَاعَةً وَلَا يَسْتَقْدِمُونَ ﴿٦١﴾

61. Uma u Allah engajezisa abantu ngenxa yezimpambuko zabo, akayikushiya sidalwa phezu kwawo [komhlaba]. Kepha ubadondisela isikhathi esibekiwe; uma sesifikile isikhathi sabo, abayikusiphutha noma basihambele phambili nangomzuzu [abayikuphunyuka].

وَيَجْعَلُونَ لِلَّهِ مَا يَكْرَهُونَ ۖ وَتَصِفُ أَلْسِنَتُهُمُ ٱلْكَذِبَ أَنَّ لَهُمُ ٱلْحُسْنَىٰ ۚ لَا جَرَمَ أَنَّ لَهُمُ ٱلنَّارَ وَأَنَّهُم مُّفْرَطُونَ ﴿٦٢﴾

62. Baqokela u Allah lokho bona abangakuthandi baphinde bakhulume amanga ngemilomo yabo ukuthi bayoba nesiphetho esihle. Impela, nakanjani bayothola uMlilo futhi bayoshiywa kanjalo.

تَٱللَّهِ لَقَدْ أَرْسَلْنَآ إِلَىٰٓ أُمَمٍ مِّن قَبْلِكَ فَزَيَّنَ لَهُمُ ٱلشَّيْطَٰنُ أَعْمَٰلَهُمْ فَهُوَ وَلِيُّهُمُ ٱلْيَوْمَ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٦٣﴾

63. Ngifunga ngo Allah, nebala sathumela [iZithunywa] ezizweni ezikwandulelayo; kepha uShayitani wabayenga ngezenzo zabo [ezimbi]. Ungumesekeli wabo namhlanje [lapha emhlabeni], kepha bayothola isijeziso esibuhlungu kwelizayo.

وَمَآ أَنزَلْنَا عَلَيْكَ ٱلْكِتَٰبَ إِلَّا لِتُبَيِّنَ لَهُمُ ٱلَّذِى ٱخْتَلَفُوا۟ فِيهِ ۙ وَهُدًى وَرَحْمَةً لِّقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٦٤﴾

64. Futhi siyembulele kuwe [Muhamadi] iNcwadi [iKurani] ukuze ubahlalusele lokho abaphikisana ngakho, nokuthi ibe umhlahlandlela nomusa kubantu abakholwayo.

65. U Allah wehlisa amanzi emvula, avuselele ngawo umhlaba emuva kokuba ubusufile [womile]. Impela kulokho kunesibonakaliso kubantu abalalelayo.

وَٱللَّهُ أَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَأَحۡيَا بِهِ ٱلۡأَرۡضَ بَعۡدَ مَوۡتِهَآۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَةً لِّقَوۡمٖ يَسۡمَعُونَ ٦٥

66. Nasemfuyweni ninesifundo imbala. Siniphuzisa kulokho okuphuma eziswini zayo phakathi kobulongwe negazi, ubisi olumsulwa olwehla esiphundu kwabaluphuzayo.

وَإِنَّ لَكُمۡ فِي ٱلۡأَنۡعَٰمِ لَعِبۡرَةٗۖ نُّسۡقِيكُم مِّمَّا فِي بُطُونِهِۦ مِنۢ بَيۡنِ فَرۡثٖ وَدَمٖ لَّبَنًا خَالِصٗا سَآئِغٗا لِّلشَّٰرِبِينَ ٦٦

67. Nasethelweni zesundu nomvini, nikhanda okumponjwana nokudla okumnandi. Impela kulokho kunesibonakaliso kubantu abaqondayo.

وَمِن ثَمَرَٰتِ ٱلنَّخِيلِ وَٱلۡأَعۡنَٰبِ تَتَّخِذُونَ مِنۡهُ سَكَرٗا وَرِزۡقًا حَسَنًاۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَةً لِّقَوۡمٖ يَعۡقِلُونَ ٦٧

68. Futhi iNkosi yakho yayalela izinyosi yathi: "Yakhani izindlu ezintabeni nasezihlahleni nasezakhiweni eziphakeme [abantu] abazakhayo".

وَأَوۡحَىٰ رَبُّكَ إِلَى ٱلنَّحۡلِ أَنِ ٱتَّخِذِي مِنَ ٱلۡجِبَالِ بُيُوتٗا وَمِنَ ٱلشَّجَرِ وَمِمَّا يَعۡرِشُونَ ٦٨

69. Bese nidla kuzo zonke izithelo, nihambe ngezindlela zeNkosi yenu enijutshelwe zona. Eziswini zazo [izinyosi] kuphuma isiphuzo esimibala ihlukahlukene, siqukethe ikhambi elilapha isintu. Impela kulokho kunesibonkaliso kubantu abahlaziyayo.

ثُمَّ كُلِي مِن كُلِّ ٱلثَّمَرَٰتِ فَٱسۡلُكِي سُبُلَ رَبِّكِ ذُلُلٗاۚ يَخۡرُجُ مِنۢ بُطُونِهَا شَرَابٞ مُّخۡتَلِفٌ أَلۡوَٰنُهُۥ فِيهِ شِفَآءٞ لِّلنَّاسِۗ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَةً لِّقَوۡمٖ يَتَفَكَّرُونَ ٦٩

70. Futhi u Allah unidalile, kuphinde kube nguYena othatha imiphefulo yenu. Kunalabo kini ababuyiselwa emuva eminyakeni

وَٱللَّهُ خَلَقَكُمۡ ثُمَّ يَتَوَفَّىٰكُمۡۚ وَمِنكُم مَّن يُرَدُّ إِلَىٰٓ أَرۡذَلِ ٱلۡعُمُرِ لِكَيۡ لَا يَعۡلَمَ بَعۡدَ عِلۡمٖ شَيۡـًٔاۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٞ قَدِيرٞ ٧٠

emibi [yokuguga], aze aphenduke ongazi lutho nhlobo emuva kokuba ebenolwazi. Nebala u Allah Umgowaziyo Onamandla.

71. Futhi u Allah ubusise abanye ukudlula abanye ngesabelo[1]. Kantike labo ababusisiwe abasoze banika isabelo sabo kuzigqila zabo ukuze balingane ngokwesabelo[2]. Ingabeke baphika isibusiso sika Allah na?

72. Nguyena u Allah onidalele abalingani benu enihlobo lunye [abantu]. Wanidalela kubalingani benu izingane nabazukulu waphinde wanondla ngalokho okumsulwa. Ngakhoke; ingabe bakholelwa kumsangano baphike izibusiso zika Allah na?

73. Futhi bakhonza ngaphandle kuka Allah lokho okungena sondlo sabo emazulwini nasemhlabeni sanhlobo bebe bengasoze.

74. Ngakhoke ningalokhu nifanisa u Allah nemifanekiso. Impela u Allah uyazi kepha nina anazi.

وَٱللَّهُ فَضَّلَ بَعۡضَكُمۡ عَلَىٰ بَعۡضٖ فِي ٱلرِّزۡقِۚ فَمَا ٱلَّذِينَ فُضِّلُواْ بِرَآدِّي رِزۡقِهِمۡ عَلَىٰ مَا مَلَكَتۡ أَيۡمَٰنُهُمۡ فَهُمۡ فِيهِ سَوَآءٌۚ أَفَبِنِعۡمَةِ ٱللَّهِ يَجۡحَدُونَ ٧١

وَٱللَّهُ جَعَلَ لَكُم مِّنۡ أَنفُسِكُمۡ أَزۡوَٰجٗا وَجَعَلَ لَكُم مِّنۡ أَزۡوَٰجِكُم بَنِينَ وَحَفَدَةٗ وَرَزَقَكُم مِّنَ ٱلطَّيِّبَٰتِۚ أَفَبِٱلۡبَٰطِلِ يُؤۡمِنُونَ وَبِنِعۡمَتِ ٱللَّهِ هُمۡ يَكۡفُرُونَ ٧٢

وَيَعۡبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَا لَا يَمۡلِكُ لَهُمۡ رِزۡقٗا مِّنَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِ شَيۡـٔٗا وَلَا يَسۡتَطِيعُونَ ٧٣

فَلَا تَضۡرِبُواْ لِلَّهِ ٱلۡأَمۡثَالَۚ إِنَّ ٱللَّهَ يَعۡلَمُ وَأَنتُمۡ لَا تَعۡلَمُونَ ٧٤

1 Ngalokho kunezinjinga nazichaka, nabaholi nabaholwa, njalonjalo.

2 Ngakhoke kuyamangaza ukuthi labo ababhangqa u Allah nezimbangi abanayo inkinga yokwenza u Allah umlingani wezigqila zaKhe. Ngokwenza ukuthi indalo ka Allah inamandla okulawula indalo nokwenzeka kuyo, nakuba indalo yonke ingeka Allah. Kepha bona kulokho okungokwabo abafune mlingani noma imbangi. Isimanga impela!

75. U Allah wenze umzekelo wesigqila esiphethwe esingenamandla okwenza utho, nalowo esimabele isabelo esihle [ocebile] impela esivela kithi, ukwazi ukuthitha kuso [isabelo] ngasese nasesidlangalaleni. Ingabe bayafana na? Udomu lonke lungoluka Allah, kepha iningi labo alazi.

* ضَرَبَ ٱللَّهُ مَثَلًا عَبْدًا مَّمْلُوكًا لَّا يَقْدِرُ عَلَىٰ شَىْءٍ وَمَن رَّزَقْنَٰهُ مِنَّا رِزْقًا حَسَنًا فَهُوَ يُنفِقُ مِنْهُ سِرًّا وَجَهْرًا ۖ هَلْ يَسْتَوُۥنَ ۚ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ ۚ بَلْ أَكْثَرُهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٧٥﴾

76. U Allah uphinde wenza umzekelo wamadoda amabili, enye yawo iyisimumu ayikwazi kwenza utho iwumthwalo kumnakekeli wayo, noma yikuphi la eyithumela khona ayibuyi nalutho okuhle. Ingabe iyafana yini naleyo eyalela ngobulungiswa futhi esendleleni eqondile na?

وَضَرَبَ ٱللَّهُ مَثَلًا رَّجُلَيْنِ أَحَدُهُمَآ أَبْكَمُ لَا يَقْدِرُ عَلَىٰ شَىْءٍ وَهُوَ كَلٌّ عَلَىٰ مَوْلَىٰهُ أَيْنَمَا يُوَجِّههُّ لَا يَأْتِ بِخَيْرٍ ۖ هَلْ يَسْتَوِى هُوَ وَمَن يَأْمُرُ بِٱلْعَدْلِ وَهُوَ عَلَىٰ صِرَٰطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿٧٦﴾

77. Futhi konke okungabonwayo emazulwini nasemhlabeni kungo kuka Allah. Kantike udaba lokufika kweSikhathi [sokwahlulela] lunjengokucwayiza kweso noma luseduze kunalokho. Nebala u Allah ukwazi ukwenza noma yini.

وَلِلَّهِ غَيْبُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ وَمَآ أَمْرُ ٱلسَّاعَةِ إِلَّا كَلَمْحِ ٱلْبَصَرِ أَوْ هُوَ أَقْرَبُ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٧٧﴾

78. U Allah unikhiphe eziswini zonyoko ningazi lutho, wanipha ukuzwa nokubona kanye nezinhliziyo, ukuze nibonge.

وَٱللَّهُ أَخْرَجَكُم مِّنۢ بُطُونِ أُمَّهَٰتِكُمْ لَا تَعْلَمُونَ شَيْـًٔا وَجَعَلَ لَكُمُ ٱلسَّمْعَ وَٱلْأَبْصَٰرَ وَٱلْأَفْـِٔدَةَ لَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿٧٨﴾

79. Ingabe abaziboni yini izinyoni zintanta emkhathini na? Phela akekho ozibambile ngaphandle kuka Allah. Impela kulokho kunezibonakaliso [ubufakazi] kubantu abakholwayo.

أَلَمْ يَرَوْا۟ إِلَى ٱلطَّيْرِ مُسَخَّرَٰتٍ فِى جَوِّ ٱلسَّمَآءِ مَا يُمْسِكُهُنَّ إِلَّا ٱللَّهُ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٧٩﴾

80. Futhi u Allah unenzele indawo yokuhlala ezindlini zenu, waphinde wanikhandela izindlu ngezikhumba zezilwane ezilula ukuzithwala lapho nihamba nalapho nizinza. Kwase kuthi ngovolo nangoboya bekameli nembuzi, wanidalela impahla yasendlini nentokomalo kuze kufike isikhathi [esibekiwe].

وَٱللَّهُ جَعَلَ لَكُم مِّنۢ بُيُوتِكُمْ سَكَنًا وَجَعَلَ لَكُم مِّن جُلُودِ ٱلْأَنْعَٰمِ بُيُوتًا تَسْتَخِفُّونَهَا يَوْمَ ظَعْنِكُمْ وَيَوْمَ إِقَامَتِكُمْ ۙ وَمِنْ أَصْوَافِهَا وَأَوْبَارِهَا وَأَشْعَارِهَآ أَثَٰثًا وَمَتَٰعًا إِلَىٰ حِينٍ ﴿٨٠﴾

81. U Allah uphinde wanenzela imithunzi kulokho akudalile wanenzela imigede ezintabeni kanye nezimpahla zokugqoka ezinivikela ekushiseni [kwelanga] nezinivikela ezimpini zenu. Uziphelelise kanjalo izibusiso zaKhe kini ukuze nibe ngamaMusilimu [nizikele].

وَٱللَّهُ جَعَلَ لَكُم مِّمَّا خَلَقَ ظِلَٰلًا وَجَعَلَ لَكُم مِّنَ ٱلْجِبَالِ أَكْنَٰنًا وَجَعَلَ لَكُمْ سَرَٰبِيلَ تَقِيكُمُ ٱلْحَرَّ وَسَرَٰبِيلَ تَقِيكُم بَأْسَكُمْ ۚ كَذَٰلِكَ يُتِمُّ نِعْمَتَهُۥ عَلَيْكُمْ لَعَلَّكُمْ تُسْلِمُونَ ﴿٨١﴾

82. Kantike uma bekushaya indiva, umsebenzi wakho ukudlulisa umlayezo ocacile nje kuphela.

فَإِن تَوَلَّوْا۟ فَإِنَّمَا عَلَيْكَ ٱلْبَلَٰغُ ٱلْمُبِينُ ﴿٨٢﴾

83. Bayazazi izibusiso zika Allah bese beziphika, futhi iningi labo alikholwa.

يَعْرِفُونَ نِعْمَتَ ٱللَّهِ ثُمَّ يُنكِرُونَهَا وَأَكْثَرُهُمُ ٱلْكَٰفِرُونَ ﴿٨٣﴾

84. Futhi mhla zivusa kuzo zonke izizwe ufakazi [iSithunywa sabo]; labo abangakholwa abayikunikwa imvumo [yokuzincengela] futhi abayikunikwa shwele.

وَيَوْمَ نَبْعَثُ مِن كُلِّ أُمَّةٍ شَهِيدًا ثُمَّ لَا يُؤْذَنُ لِلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَلَا هُمْ يُسْتَعْتَبُونَ ﴿٨٤﴾

85. Kuyothi lapho labo abaphambukile bebona isijeziso, angeke baxegiselwe sona futhi abayikudondiswa.

وَإِذَا رَءَا ٱلَّذِينَ ظَلَمُواْ ٱلْعَذَابَ فَلَا يُخَفَّفُ عَنْهُمْ وَلَا هُمْ يُنظَرُونَ ﴿٨٥﴾

86. Kuyothi lapho labo abakhonza izikhonzwa bebona izikhonzwa zabo bathi: "Nkosi yethu, yizo kanye lezi izikhonzwa ebesizikhonza ngaphandle kwaKho". Bayophendulwa ngelithi: "Impela ninamanga".

وَإِذَا رَءَا ٱلَّذِينَ أَشْرَكُواْ شُرَكَآءَهُمْ قَالُواْ رَبَّنَا هَـٰٓؤُلَآءِ شُرَكَآؤُنَا ٱلَّذِينَ كُنَّا نَدْعُواْ مِن دُونِكَ ۖ فَأَلْقَوْاْ إِلَيْهِمُ ٱلْقَوْلَ إِنَّكُمْ لَكَٰذِبُونَ ﴿٨٦﴾

87. Ngalolosuku bayozinikela ku Allah, baphinde balahlekelwe yilokho ababeqamba ngakho amanga [izikhonzwa].

وَأَلْقَوْاْ إِلَى ٱللَّهِ يَوْمَئِذٍ ٱلسَّلَمَ ۖ وَضَلَّ عَنْهُم مَّا كَانُواْ يَفْتَرُونَ ﴿٨٧﴾

88. Labo abangakholwa baphinde babe yizihibe [kubanye] endleleni ka Allah, siyobandisela isijeziso phezu kwesijeziso ngenxa yalokho ababekona.

ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَصَدُّواْ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ زِدْنَٰهُمْ عَذَابًا فَوْقَ ٱلْعَذَابِ بِمَا كَانُواْ يُفْسِدُونَ ﴿٨٨﴾

89. Futhi mhla simisa kuzo zonke izizwe ufakazi ovela kubo oyokaza ngabo. Nawe siyokuletha njengofakazi oyofakaza ngalaba. Futhi sikwembulele iNcwadi ecacisa zonke izinto ephinde ibe wumhlahlandlela nomusa nendaba enhle kulabo abangamaMusilimu.

وَيَوْمَ نَبْعَثُ فِى كُلِّ أُمَّةٍ شَهِيدًا عَلَيْهِم مِّنْ أَنفُسِهِمْ ۖ وَجِئْنَا بِكَ شَهِيدًا عَلَىٰ هَـٰٓؤُلَآءِ ۚ وَنَزَّلْنَا عَلَيْكَ ٱلْكِتَٰبَ تِبْيَٰنًا لِّكُلِّ شَىْءٍ وَهُدًى وَرَحْمَةً وَبُشْرَىٰ لِلْمُسْلِمِينَ ﴿٨٩﴾

90. Nebala, u Allah uyalela ngobulungiswa nesihle nokupha izihlobo bese enqabela amanyala nempambuko nokuhlukumeza. Uyaneluleka kuze nilalele.

* إِنَّ ٱللَّهَ يَأْمُرُ بِٱلْعَدْلِ وَٱلْإِحْسَٰنِ وَإِيتَآئِ ذِى ٱلْقُرْبَىٰ وَيَنْهَىٰ عَنِ ٱلْفَحْشَآءِ وَٱلْمُنكَرِ وَٱلْبَغْىِ ۚ يَعِظُكُمْ لَعَلَّكُمْ تَذَكَّرُونَ ﴿٩٠﴾

وَأَوْفُواْ بِعَهْدِ ٱللَّهِ إِذَا عَٰهَدتُّمْ وَلَا تَنقُضُواْ ٱلْأَيْمَٰنَ بَعْدَ تَوْكِيدِهَا وَقَدْ جَعَلْتُمُ ٱللَّهَ عَلَيْكُمْ كَفِيلًا ۚ إِنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ مَا تَفْعَلُونَ ﴿٩١﴾

91. Nigcine isivumelwano sika Allah lapho nenze isivumelwano, ningaphuli izifungo emuva kokuba beseziboshiwe nibe futhi kade nenze isiqiniseko ngo Allah. Impela u Allah ukwazi konke enikwenzayo.

وَلَا تَكُونُواْ كَٱلَّتِى نَقَضَتْ غَزْلَهَا مِنۢ بَعْدِ قُوَّةٍ أَنكَٰثًا تَتَّخِذُونَ أَيْمَٰنَكُمْ دَخَلًۢا بَيْنَكُمْ أَن تَكُونَ أُمَّةٌ هِىَ أَرْبَىٰ مِنْ أُمَّةٍ ۚ إِنَّمَا يَبْلُوكُمُ ٱللَّهُ بِهِۦ ۚ وَلَيُبَيِّنَنَّ لَكُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ مَا كُنتُمْ فِيهِ تَخْتَلِفُونَ ﴿٩٢﴾

92. Ningabi njengalowo wesimame owakhuthulula umphotho wakhe wawuhlakaza emuva kokuba ewuphothe waqina. Ngokuba nenze izifungo indlela yokuqilana phakathi kwenu ngenxa yokuthi esinye isizwe sande kunesinye. U Allah uyanivivinya nje kuphela ngakho [ukugcina izivumelwano]. Futhi uyocacisela ngoSuku lokwahlulela konke lokhu eniphikisana ngakho.

وَلَوْ شَآءَ ٱللَّهُ لَجَعَلَكُمْ أُمَّةً وَٰحِدَةً وَلَٰكِن يُضِلُّ مَن يَشَآءُ وَيَهْدِى مَن يَشَآءُ ۚ وَلَتُسْـَٔلُنَّ عَمَّا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٩٣﴾

93. Ukube u Allah ubefuna, ubeyonenza nibe sokholweni olulodwa; kepha udukisa amfunayo ahole amfunayo. Futhi nakanjani niyobuzwa ngakho konke enikwenzayo.

وَلَا تَتَّخِذُوٓاْ أَيْمَٰنَكُمْ دَخَلًۢا بَيْنَكُمْ فَتَزِلَّ قَدَمٌۢ بَعْدَ ثُبُوتِهَا وَتَذُوقُواْ ٱلسُّوٓءَ بِمَا صَدَدتُّمْ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ ۖ وَلَكُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿٩٤﴾

94. Ningenzi izifungo zenu indlela yokuqilana phakathi kwenu, funa niphambuke emuva kokuba beniqotho, nithole isijeziso [emhlabeni] ngenxa yokuba nibe yizihibe endleni ka Allah. Bese niyothola isijeziso esinzima [kwelizayo].

95. Ningathengisi isivumelwano sika Allah ngenani eliyize. Impela lokhu okuku Allah yikona okungcono kini ukube nje benazi.

وَلَا تَشْتَرُوا۟ بِعَهْدِ ٱللَّهِ ثَمَنًا قَلِيلًا ۚ إِنَّمَا عِندَ ٱللَّهِ هُوَ خَيْرٌ لَّكُمْ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٩٥﴾

96. Lokhu eninakho kuyophela [kushabalale], kepha lokhu okuku Allah kuyohlala kukhona [unaphakade]. Futhi siyobapha umvuzo wabo ophelele labo ababekezelayo ngalokho okuhle abakwenzayo.

مَا عِندَكُمْ يَنفَدُ ۖ وَمَا عِندَ ٱللَّهِ بَاقٍ ۗ وَلَنَجْزِيَنَّ ٱلَّذِينَ صَبَرُوٓا۟ أَجْرَهُم بِأَحْسَنِ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٩٦﴾

97. Lowo wesilisa nalowo wesifazane owenza okuhle ebe engokholwayo sizomphilisa impilo enhle [emhlabeni], siphinde simuphe umvuzo wakhe ophelele ngalokho okuhle akwenzayo.

مَنْ عَمِلَ صَٰلِحًا مِّن ذَكَرٍ أَوْ أُنثَىٰ وَهُوَ مُؤْمِنٌ فَلَنُحْيِيَنَّهُۥ حَيَوٰةً طَيِّبَةً ۖ وَلَنَجْزِيَنَّهُمْ أَجْرَهُم بِأَحْسَنِ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٩٧﴾

98. Uma ufunda iKurani, cela ukuvikeleka ngo Allah kuShayitani oqalekisiwe.

فَإِذَا قَرَأْتَ ٱلْقُرْءَانَ فَٱسْتَعِذْ بِٱللَّهِ مِنَ ٱلشَّيْطَٰنِ ٱلرَّجِيمِ ﴿٩٨﴾

99. Impela yena [uShayitani] akanawo umthelela kulabo abakholwayo abathembela eNkosini yabo.

إِنَّهُۥ لَيْسَ لَهُۥ سُلْطَٰنٌ عَلَى ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَلَىٰ رَبِّهِمْ يَتَوَكَّلُونَ ﴿٩٩﴾

100. Umathelela wakhe ukulabo abamulandelayo abamubhangqayo [no Allah].

إِنَّمَا سُلْطَٰنُهُۥ عَلَى ٱلَّذِينَ يَتَوَلَّوْنَهُۥ وَٱلَّذِينَ هُم بِهِۦ مُشْرِكُونَ ﴿١٠٠﴾

101. Uma sifaka isambulo endaweni yesinye isambulo, u Allah ukwazi kahle lokho akwebulele. Bathi: "Wena uzuqambele". Kepha iningi labo alazi.

وَإِذَا بَدَّلْنَآ ءَايَةً مَّكَانَ ءَايَةٍ ۙ وَٱللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا يُنَزِّلُ قَالُوٓا۟ إِنَّمَآ أَنتَ مُفْتَرٍۭ ۚ بَلْ أَكْثَرُهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿١٠١﴾

قُلْ نَزَّلَهُۥ رُوحُ ٱلْقُدُسِ مِن رَّبِّكَ بِٱلْحَقِّ لِيُثَبِّتَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَهُدًى وَبُشْرَىٰ لِلْمُسْلِمِينَ ﴿١٠٢﴾

102. Yithi: "ilethwa nguRuhu-ul-kudusi [uJibhirili] ivela eNkosini yakho ngeqiniso, ukuze aqinise labo abakholwayo nokuthi ibe umhlahlandlela nezindaba ezinhle kulabo abangamaMusilimu".

وَلَقَدْ نَعْلَمُ أَنَّهُمْ يَقُولُونَ إِنَّمَا يُعَلِّمُهُۥ بَشَرٌ ۗ لِّسَانُ ٱلَّذِى يُلْحِدُونَ إِلَيْهِ أَعْجَمِىٌّ وَهَٰذَا لِسَانٌ عَرَبِىٌّ مُّبِينٌ ﴿١٠٣﴾

103. Futhi siyazi ukuthi bathi: "Uyifundiswa [iKurani] umuntu]". Ulwimi lwalona abamusolayo olwezizwe, kepha lolu ulwimi lwesi-Arabhu oluvuthiwe.

إِنَّ ٱلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ لَا يَهْدِيهِمُ ٱللَّهُ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١٠٤﴾

104. Nebala, laba abangakholwa yimibiko ka Allah, u Allah angeke abahole futhi bayothola isijeziso esibuhlungu.

إِنَّمَا يَفْتَرِى ٱلْكَذِبَ ٱلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ ۖ وَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْكَٰذِبُونَ ﴿١٠٥﴾

105. Labo abangakholwa yimibiko ka Allah yibona kuphela abaqamba amanga. Yobona kanye labo abaqambi manga.

مَن كَفَرَ بِٱللَّهِ مِنۢ بَعْدِ إِيمَٰنِهِۦٓ إِلَّا مَنْ أُكْرِهَ وَقَلْبُهُۥ مُطْمَئِنٌّۢ بِٱلْإِيمَٰنِ وَلَٰكِن مَّن شَرَحَ بِٱلْكُفْرِ صَدْرًا فَعَلَيْهِمْ غَضَبٌ مِّنَ ٱللَّهِ وَلَهُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿١٠٦﴾

106. Lowo ophika u Allah emuva kokuba ekholelwe kuYe, nenhliziyo yakhe yakuthakasela ukungakholwa, bayokwehlelwa intukuthelo ka Allah baphinde bathole isijeziso esinzima. Ngaphandle kwalowo ophoqiwe [ukuba angakholwa] kepha inhliziyo yakhe igcwele ukholo.

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمُ ٱسْتَحَبُّوا۟ ٱلْحَيَوٰةَ ٱلدُّنْيَا عَلَى ٱلْءَاخِرَةِ وَأَنَّ ٱللَّهَ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿١٠٧﴾

107. Lokho kungenxa yokuthi bathande impilo yasemhlabeni kuneyakwelizayo nokuthi futhi u Allah akababaholi abantu abangakholwa.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ طَبَعَ ٱللَّهُ عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ وَسَمْعِهِمْ وَأَبْصَٰرِهِمْ ۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْغَٰفِلُونَ ﴿١٠٨﴾

108. Yibonake labo u Allah avale izinhliziyo zabo nokuzwa kwabo nokubona kwabo. Futhi yibo kanye labo abangenandaba.

لَا جَرَمَ أَنَّهُمْ فِى ٱلْءَاخِرَةِ هُمُ ٱلْخَٰسِرُونَ ﴿١٠٩﴾

109. Kuyiqiniso ukuthi impela kwelizayo bayoba ngabalahlekelwe.

ثُمَّ إِنَّ رَبَّكَ لِلَّذِينَ هَاجَرُوا۟ مِنۢ بَعْدِ مَا فُتِنُوا۟ ثُمَّ جَٰهَدُوا۟ وَصَبَرُوٓا۟ إِنَّ رَبَّكَ مِنۢ بَعْدِهَا لَغَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١١٠﴾

110. Futhi iNkosi yakho kulabo abafuduka emuva kokuba behlukunyeziwe base belwa [endleleni ka Allah] babekezela – impela iNkosi yakho kubo – emuva kwalokho Ingumthetheleli Onesihawu.

* يَوْمَ تَأْتِى كُلُّ نَفْسٍ تُجَٰدِلُ عَن نَّفْسِهَا وَتُوَفَّىٰ كُلُّ نَفْسٍ مَّا عَمِلَتْ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿١١١﴾

111. Ngosuku lapho wonke umuntu uyofika ezama ukuzikhulumela [ngezenzo zakhe] bese wonke umuntu uyothola umvuzo ophelele wezenzo zakhe, futhi angeke bengenzelwa ubulungiswa.

وَضَرَبَ ٱللَّهُ مَثَلًا قَرْيَةً كَانَتْ ءَامِنَةً مُّطْمَئِنَّةً يَأْتِيهَا رِزْقُهَا رَغَدًا مِّن كُلِّ مَكَانٍ فَكَفَرَتْ بِأَنْعُمِ ٱللَّهِ فَأَذَٰقَهَا ٱللَّهُ لِبَاسَ ٱلْجُوعِ وَٱلْخَوْفِ بِمَا كَانُوا۟ يَصْنَعُونَ ﴿١١٢﴾

112. U Allah wenze umzekelo [wabantu] bomuzi owabe uphephile unokuthula, ukudla kufika kuwo ubuthaphuthaphu kuvela ndawo zonke. Kepha abazange bazibonge izibusiso zika Allah; wabeke u Allah esebahaqa ngendlala nokwesaba ngenxa yalokho ababekwenza.

وَلَقَدْ جَآءَهُمْ رَسُولٌ مِّنْهُمْ فَكَذَّبُوهُ فَأَخَذَهُمُ ٱلْعَذَابُ وَهُمْ ظَٰلِمُونَ ﴿١١٣﴾

113. Safika impela iSithunywa kubo kepha basiphikisa. Ngakhoke behlelwa isijeziso bengababaphambukile.

فَكُلُواْ مِمَّا رَزَقَكُمُ ٱللَّهُ حَلَٰلًا طَيِّبًا وَٱشۡكُرُواْ نِعۡمَتَ ٱللَّهِ إِن كُنتُمۡ إِيَّاهُ تَعۡبُدُونَ ﴿١١٤﴾

114. Dlanini okuvunyelwe okumsula kulokho u Allah anabele kona bese nibonga izibusiso zika Allah uma kunguYena [ngempela] enimkhonzayo.

إِنَّمَا حَرَّمَ عَلَيۡكُمُ ٱلۡمَيۡتَةَ وَٱلدَّمَ وَلَحۡمَ ٱلۡخِنزِيرِ وَمَآ أُهِلَّ لِغَيۡرِ ٱللَّهِ بِهِۦۖ فَمَنِ ٱضۡطُرَّ غَيۡرَ بَاغٖ وَلَا عَادٖ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ﴿١١٥﴾

115. Okuyikona aninqabele kona, ingcuba negazi nenyama yengulube nalokho okuhlatshelwe okunye ngaphandle kuka Allah. Kepha lowo ophoqelekile ongaphuli umthetho ngabomu noma eqise; impela u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

وَلَا تَقُولُواْ لِمَا تَصِفُ أَلۡسِنَتُكُمُ ٱلۡكَذِبَ هَٰذَا حَلَٰلٞ وَهَٰذَا حَرَامٞ لِّتَفۡتَرُواْ عَلَى ٱللَّهِ ٱلۡكَذِبَۚ إِنَّ ٱلَّذِينَ يَفۡتَرُونَ عَلَى ٱللَّهِ ٱلۡكَذِبَ لَا يُفۡلِحُونَ ﴿١١٦﴾

116. Ningawasho amanga ashiwo imilomo yenu athi: "Lokhu kuvunyelwe [kube kunqatshelwe], lokhu kunqatshelwe [kube kuvunyelwe]", niqambela u Allah amanga. Nebala labo abaqambela u Allah amanga abasoze baphumelela.

مَتَٰعٞ قَلِيلٞ وَلَهُمۡ عَذَابٌ أَلِيمٞ ﴿١١٧﴾

117. Ukunethezeka nje kwesikhashana [emhlabeni], kepha kwelizayo bayothola isijeziso esibuhlungu.

وَعَلَى ٱلَّذِينَ هَادُواْ حَرَّمۡنَا مَا قَصَصۡنَا عَلَيۡكَ مِن قَبۡلُۖ وَمَا ظَلَمۡنَٰهُمۡ وَلَٰكِن كَانُوٓاْ أَنفُسَهُمۡ يَظۡلِمُونَ ﴿١١٨﴾

118. Nakulaba abangamaJuda sabanqabela lokho esikulandisele kona phambilini. Futhi akusiyithi esingenzanga ubulungiswa kubo, kepha yibona abangenzanga ubulungiswa kubo uqobo.

ثُمَّ إِنَّ رَبَّكَ لِلَّذِينَ عَمِلُوا۟ ٱلسُّوٓءَ بِجَهَٰلَةٍ
ثُمَّ تَابُوا۟ مِنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ وَأَصْلَحُوٓا۟ إِنَّ
رَبَّكَ مِنۢ بَعْدِهَا لَغَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١١٩﴾

119. Futhi iNkosi yakho kulabo abenza okubi bengazi bese bezisola [bacele intethelelo] emuva kwalokho baphinde balungise [amaphutha] – impela iNkosi yakho kubo – emuva kwalokho Ingumthetheleli Onesihawu.

إِنَّ إِبْرَٰهِيمَ كَانَ أُمَّةً قَانِتًا لِّلَّهِ حَنِيفًا
وَلَمْ يَكُ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿١٢٠﴾

120. Nebala u Ibhirahimu wabe engumholi ozithobile ku Allah encike eBumnyeni baKhe futhi wayengeyena omunye wababhangqa izikhonzwa.

شَاكِرًا لِّأَنْعُمِهِ ۚ ٱجْتَبَىٰهُ وَهَدَىٰهُ إِلَىٰ
صِرَٰطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿١٢١﴾

121. Ezibonga nezibusiso zaKhe [u Allah]. Wamqoka wamholela endleleni eqondile.

وَءَاتَيْنَٰهُ فِى ٱلدُّنْيَا حَسَنَةً ۖ وَإِنَّهُۥ فِى
ٱلْءَاخِرَةِ لَمِنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿١٢٢﴾

122. Samupha okuhle emhlabeni, kanti nakwelizayo ungomunye wabaqotho.

ثُمَّ أَوْحَيْنَآ إِلَيْكَ أَنِ ٱتَّبِعْ مِلَّةَ إِبْرَٰهِيمَ
حَنِيفًا ۖ وَمَا كَانَ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿١٢٣﴾

123. Sabe sembulela kuwe ukuthi: "Landela inkolo ka Ibhirahimu encike ebunyeni buka Allah, futhi wayengeyena omunye wababhangqa izikhonzwa.

إِنَّمَا جُعِلَ ٱلسَّبْتُ عَلَى ٱلَّذِينَ ٱخْتَلَفُوا۟
فِيهِ ۚ وَإِنَّ رَبَّكَ لَيَحْكُمُ بَيْنَهُمْ يَوْمَ
ٱلْقِيَٰمَةِ فِيمَا كَانُوا۟ فِيهِ يَخْتَلِفُونَ ﴿١٢٤﴾

124. uMgqibelo [iSabatha] wabekelwa kuphela labo ababephikisana ngawo. Futhi impela iNkosi yakho iyokwehlulela phakathi kwabo ngalokho abaphikisana ngakho ngoSuku lokwahlulela.

ٱدْعُ إِلَىٰ سَبِيلِ رَبِّكَ بِٱلْحِكْمَةِ وَٱلْمَوْعِظَةِ ٱلْحَسَنَةِ ۖ وَجَٰدِلْهُم بِٱلَّتِى هِىَ أَحْسَنُ ۚ إِنَّ رَبَّكَ هُوَ أَعْلَمُ بِمَن ضَلَّ عَن سَبِيلِهِۦ وَهُوَ أَعْلَمُ بِٱلْمُهْتَدِينَ ﴿١٢٥﴾

125. Memela endleleni yeNkosi yakho [i Isilamu] ngokukhalipha nangokweluleka okuhle futhi ubonisane nabo ngendlela enhle. Nebala iNkosi yakho iYona ebazi kahle labo abadukelwe yindlela yaKhe futhi iYona futhi ebazi kahle labo abaholiwe.

وَإِنْ عَاقَبْتُمْ فَعَاقِبُوا۟ بِمِثْلِ مَا عُوقِبْتُم بِهِۦ ۖ وَلَئِن صَبَرْتُمْ لَهُوَ خَيْرٌ لِّلصَّٰبِرِينَ ﴿١٢٦﴾

126. Uma nijezisa, jezisani nani ngokulingene lokho enonwe ngakho. Kepha uma nibekezela, yikona okungcono kulabo ababekezelayo.

وَٱصْبِرْ وَمَا صَبْرُكَ إِلَّا بِٱللَّهِ ۚ وَلَا تَحْزَنْ عَلَيْهِمْ وَلَا تَكُ فِى ضَيْقٍ مِّمَّا يَمْكُرُونَ ﴿١٢٧﴾

127. Bekezela, futhi ukubekezela kwakho kuvela ku Allah. Ungazikhathazi ngabo futhi ungaphatheki kabi ngamasu abawakhayo.

إِنَّ ٱللَّهَ مَعَ ٱلَّذِينَ ٱتَّقَوا۟ وَّٱلَّذِينَ هُم مُّحْسِنُونَ ﴿١٢٨﴾

128. Ngokuba impela u Allah unalabo abamthobelayo nalabo abenza okuhle.

(17) SURA AL ISIRA
UHAMBO LWASEBUSUKU

سُورَةُ الإِسْرَاءِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Makangcweliswe lona owathatha ngokuhlwa isigqila saKhe, esisusa eMasijidi Haramu esisa eMasijidi Akisa lena esabusisa indawo eyakhele, ukuze simbonise ezinye zezibonakaliso zeThu. Impela Yena [u Allah] Ungozwayo Obonayo.

سُبْحَٰنَ ٱلَّذِىٓ أَسْرَىٰ بِعَبْدِهِۦ لَيْلًا مِّنَ ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ إِلَى ٱلْمَسْجِدِ ٱلْأَقْصَا ٱلَّذِى بَٰرَكْنَا حَوْلَهُۥ لِنُرِيَهُۥ مِنْ ءَايَٰتِنَآ ۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْبَصِيرُ ﴿١﴾

2. Sanika uMusa iNcwadi [iTora] sayenza umhlahlandlela wesizwe sakwa Isirayeli, [eyayiqukethe ukuthi]: "Ningabi nomunye enithembela kuye ngaphandle kwaMi"

وَءَاتَيْنَا مُوسَى ٱلْكِتَٰبَ وَجَعَلْنَٰهُ هُدًى لِّبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ أَلَّا تَتَّخِذُوا۟ مِن دُونِى وَكِيلًا ﴿٢﴾

3. Nina esanithwala kanye noNuhu. Impela wabe eyisigqila esasinokubonga.

ذُرِّيَّةَ مَنْ حَمَلْنَا مَعَ نُوحٍ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ عَبْدًا شَكُورًا ﴿٣﴾

4. Sasinqumela isizwe sakwa Isirayeli eNcwadini ukuthi: "Nizokona kabili emhlabeni bese nizigqaja kakhulu".

وَقَضَيْنَآ إِلَىٰ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ فِى ٱلْكِتَٰبِ لَتُفْسِدُنَّ فِى ٱلْأَرْضِ مَرَّتَيْنِ وَلَتَعْلُنَّ عُلُوًّا كَبِيرًا ﴿٤﴾

5. Kuyothi lapho uma sekufike isikhathi sokona kokuqala kulokhu okubili, siyothumela kini izigqila zeThu ezinamandla

فَإِذَا جَآءَ وَعْدُ أُولَىٰهُمَا بَعَثْنَا عَلَيْكُمْ عِبَادًا لَّنَآ أُو۟لِى بَأْسٍ شَدِيدٍ فَجَاسُوا۟ خِلَٰلَ ٱلدِّيَارِ ۚ وَكَانَ وَعْدًا مَّفْعُولًا ﴿٥﴾

kakhulu zizulazula phakathi kwemizi [zibhubhisa]. Isithembiso esiyokwenzeka.

ثُمَّ رَدَدْنَا لَكُمُ ٱلْكَرَّةَ عَلَيْهِمْ وَأَمْدَدْنَٰكُم بِأَمْوَٰلٍ وَبَنِينَ وَجَعَلْنَٰكُمْ أَكْثَرَ نَفِيرًا ﴿٦﴾

6. Siyobeke sesinipha ithuba lokuphindisela izinduku kubo siphinde siniphe umcebo nezingane sinenze nibe baningi.

إِنْ أَحْسَنتُمْ أَحْسَنتُمْ لِأَنفُسِكُمْ ۖ وَإِنْ أَسَأْتُمْ فَلَهَا ۚ فَإِذَا جَآءَ وَعْدُ ٱلْءَاخِرَةِ لِيَسُٓـُٔوا۟ وُجُوهَكُمْ وَلِيَدْخُلُوا۟ ٱلْمَسْجِدَ كَمَا دَخَلُوهُ أَوَّلَ مَرَّةٍ وَلِيُتَبِّرُوا۟ مَا عَلَوْا۟ تَتْبِيرًا ﴿٧﴾

7. Uma nenza okuhle, nizenzela nina uqobo nakanjalo uma nenza okubi. Kuyothi lapho sekufika isikathi sokwesibili, bazonihlaza niswabe ebusweni benu baphinde bangene eMasijidi [Akisa] njengoba bangena kwasekuqaleni futhi bayobhubhisa konke okuyokuba ngaphansi kwabo.

عَسَىٰ رَبُّكُمْ أَن يَرْحَمَكُمْ ۚ وَإِنْ عُدتُّمْ عُدْنَا ۘ وَجَعَلْنَا جَهَنَّمَ لِلْكَٰفِرِينَ حَصِيرًا ﴿٨﴾

8. Hleze iNkosi yenu inihawukele. Kepha uma nibuyela [empembukweni] naThi sizobuya [sinijezise]. Futhi senze iJahanamu yaba ijele lalabo abangakholwa.

إِنَّ هَٰذَا ٱلْقُرْءَانَ يَهْدِى لِلَّتِى هِىَ أَقْوَمُ وَيُبَشِّرُ ٱلْمُؤْمِنِينَ ٱلَّذِينَ يَعْمَلُونَ ٱلصَّٰلِحَٰتِ أَنَّ لَهُمْ أَجْرًا كَبِيرًا ﴿٩﴾

9. Impela leKurani iholela kulokho okuqotho iphinde yethule izindaba ezinhle kulabo abakholwayo abenza okuhle, ukuthi bayothola umvuzo omkhulu.

وَأَنَّ ٱلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ بِٱلْءَاخِرَةِ أَعْتَدْنَا لَهُمْ عَذَابًا أَلِيمًا ﴿١٠﴾

10. Nokuthi labo abangakholwa kwelizayo bona sibalungiselele isijeziso esibuhlungu.

وَيَدْعُ ٱلْإِنسَٰنُ بِٱلشَّرِّ دُعَآءَهُۥ بِٱلْخَيْرِ ۖ وَكَانَ ٱلْإِنسَٰنُ عَجُولًا ﴿١١﴾

11. Futhi umuntu ukhulekela okubi kanjengoba ekhulekela okuhle. Umuntu belu uhlala ejahile.

وَجَعَلْنَا ٱلَّيْلَ وَٱلنَّهَارَ ءَايَتَيْنِ فَمَحَوْنَآ ءَايَةَ ٱلَّيْلِ وَجَعَلْنَآ ءَايَةَ ٱلنَّهَارِ مُبْصِرَةً لِّتَبْتَغُوا۟ فَضْلًا مِّن رَّبِّكُمْ وَلِتَعْلَمُوا۟ عَدَدَ ٱلسِّنِينَ وَٱلْحِسَابَ ۚ وَكُلَّ شَىْءٍ فَصَّلْنَٰهُ تَفْصِيلًا ﴿١٢﴾

12. Futhi senza ubusuku nemini izibonakaliso ezimbili. Senza isibonakaliso sobusuku saba mnyama kwathi esemini sasenza sakhanya ukuze nikwazi ukuthungatha izibusiso ezivela eNkosini yenu nokuthi nikwazi ukwazi inani leminyaka nokubala. Futhi yonke into siyicacisisile.

وَكُلَّ إِنسَٰنٍ أَلْزَمْنَٰهُ طَٰٓئِرَهُۥ فِى عُنُقِهِۦ ۖ وَنُخْرِجُ لَهُۥ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ كِتَٰبًا يَلْقَىٰهُ مَنشُورًا ﴿١٣﴾

13. Wonke umuntu simhlanise nemisebenzi yakhe [emihle nemibi] emqaleni wakhe, kuyothi ngoSuku lokwahlulela simkhiphele incwadi [eqophe yonke into ayenzile] ayoyithola ivuliwe indlaliwe.

ٱقْرَأْ كِتَٰبَكَ كَفَىٰ بِنَفْسِكَ ٱلْيَوْمَ عَلَيْكَ حَسِيبًا ﴿١٤﴾

14. Funda incwadi yakho! Namhlanje, wena uqobo wanele njengomehluleli kuwe.

مَّنِ ٱهْتَدَىٰ فَإِنَّمَا يَهْتَدِى لِنَفْسِهِۦ ۖ وَمَن ضَلَّ فَإِنَّمَا يَضِلُّ عَلَيْهَا ۚ وَلَا تَزِرُ وَازِرَةٌ وِزْرَ أُخْرَىٰ ۗ وَمَا كُنَّا مُعَذِّبِينَ حَتَّىٰ نَبْعَثَ رَسُولًا ﴿١٥﴾

15. Lowo ohamba endleleni eqondile uzisiza yena uqobo, nalowo owenza impambuko uzilaya yena uqobo. Futhi akekho oyothwala umthwalo womunye. Futhi asikaze sijezise singakathumeli iSithunywa.

وَإِذَآ أَرَدْنَآ أَن نُّهْلِكَ قَرْيَةً أَمَرْنَا مُتْرَفِيهَا فَفَسَقُوا۟ فِيهَا فَحَقَّ عَلَيْهَا ٱلْقَوْلُ فَدَمَّرْنَٰهَا تَدْمِيرًا ﴿١٦﴾

16. Uma sifuna ukubhubhisa [isizwe] bendawo ethize, siyalela izikhulu zakhona [ukuba zizinikele ku Allah], kepha zona lapho ziphule imithetho; ngakhoke befanelwa isinqumo [sembumbiso], bese siyababhubhisa bashabalale.

17. Ziningi izizwe esazibhubhisa ezilama uNuhu. Futhi iNkosi yakho yanele ukwazi nokubona izimpambuko zezigqila zaYo.

18. Lowo olangezelela impilo yalomhlaba, sizomnika kuyo lokho esikuthandayo kulowo esimthandayo bese simenza angene eJahanamu egxekiwe eqalekisiwe.

19. Kepha lowo olangezelela impilo yakwelizayo aphinde azikhandle ekuyizuzeni ebe eyiMusilimu; yibona kanye labo ukuzkhandla kwabo okuyobongwa.

20. Bonke sibayabapha kuzipho zika Allah, laba [bempilo yomhlaba] nalaba [bempilo yakwelizayo] futhi izipho zeNkosi yakho azinqatshelwe.

21. Bheka ukuthi sibaphe kanjani abanye ukudlula abanye [emhlabeni]. Kepha kwelizayo kunezigaba ezinkulu kanjalo nezibusiso.

22. Ungabhangqi u Allah nesinye isikhonzwa, funa ube ogxekwayo nodixilelwe.

23. Futhi iNkosi yakho yanquma ukuba ningakhonzi lutho ngaphandle kwaYo bese niphatha kahle abazali. Uma omunye wabo egugela kuwe noma bobabili, ungalinge uthi "nxa" kubo futhi ungabathethisi, ukhulume nabo ngesihle.

وَكَمْ أَهْلَكْنَا مِنَ ٱلْقُرُونِ مِنۢ بَعْدِ نُوحٍ ۗ وَكَفَىٰ بِرَبِّكَ بِذُنُوبِ عِبَادِهِۦ خَبِيرًۢا بَصِيرًا ﴿١٧﴾

مَّن كَانَ يُرِيدُ ٱلْعَاجِلَةَ عَجَّلْنَا لَهُۥ فِيهَا مَا نَشَآءُ لِمَن نُّرِيدُ ثُمَّ جَعَلْنَا لَهُۥ جَهَنَّمَ يَصْلَىٰهَا مَذْمُومًا مَّدْحُورًا ﴿١٨﴾

وَمَنْ أَرَادَ ٱلْـَٔاخِرَةَ وَسَعَىٰ لَهَا سَعْيَهَا وَهُوَ مُؤْمِنٌ فَأُو۟لَٰٓئِكَ كَانَ سَعْيُهُم مَّشْكُورًا ﴿١٩﴾

كُلًّا نُّمِدُّ هَٰٓؤُلَآءِ وَهَٰٓؤُلَآءِ مِنْ عَطَآءِ رَبِّكَ ۚ وَمَا كَانَ عَطَآءُ رَبِّكَ مَحْظُورًا ﴿٢٠﴾

ٱنظُرْ كَيْفَ فَضَّلْنَا بَعْضَهُمْ عَلَىٰ بَعْضٍ ۚ وَلَلْـَٔاخِرَةُ أَكْبَرُ دَرَجَٰتٍ وَأَكْبَرُ تَفْضِيلًا ﴿٢١﴾

لَّا تَجْعَلْ مَعَ ٱللَّهِ إِلَٰهًا ءَاخَرَ فَتَقْعُدَ مَذْمُومًا مَّخْذُولًا ﴿٢٢﴾

* وَقَضَىٰ رَبُّكَ أَلَّا تَعْبُدُوٓا۟ إِلَّآ إِيَّاهُ وَبِٱلْوَٰلِدَيْنِ إِحْسَٰنًا ۚ إِمَّا يَبْلُغَنَّ عِندَكَ ٱلْكِبَرَ أَحَدُهُمَآ أَوْ كِلَاهُمَا فَلَا تَقُل لَّهُمَآ أُفٍّ وَلَا تَنْهَرْهُمَا وَقُل لَّهُمَا قَوْلًا كَرِيمًا ﴿٢٣﴾

24. Uzithobe kubo bobabili ngokubahawukela bese uthi: "Nkosi yami yiba nomusa kubo bobabili njengoba bangikhulisa ngisemncane".

وَٱخۡفِضۡ لَهُمَا جَنَاحَ ٱلذُّلِّ مِنَ ٱلرَّحۡمَةِ وَقُل رَّبِّ ٱرۡحَمۡهُمَا كَمَا رَبَّيَانِي صَغِيرٗا ﴿٢٤﴾

25. iNkosi yenu ikwazi kahle okungaphakathi kini. Uma niqotho, impela Yona iyabathethelela labo abazinikelayo.

رَّبُّكُمۡ أَعۡلَمُ بِمَا فِي نُفُوسِكُمۡۚ إِن تَكُونُواْ صَٰلِحِينَ فَإِنَّهُۥ كَانَ لِلۡأَوَّٰبِينَ غَفُورٗا ﴿٢٥﴾

26. Nikeza isihlobo ilungelo laso nompofu nesihambi kepha ungaxhaphazi.

وَءَاتِ ذَا ٱلۡقُرۡبَىٰ حَقَّهُۥ وَٱلۡمِسۡكِينَ وَٱبۡنَ ٱلسَّبِيلِ وَلَا تُبَذِّرۡ تَبۡذِيرًا ﴿٢٦﴾

27. Impela labo abaxhaphazayo bangabafowabo bakaShayitani, bheka ngoba uShayitani akakholelwa eNkosini yakhe.

إِنَّ ٱلۡمُبَذِّرِينَ كَانُوٓاْ إِخۡوَٰنَ ٱلشَّيَٰطِينِۖ وَكَانَ ٱلشَّيۡطَٰنُ لِرَبِّهِۦ كَفُورٗا ﴿٢٧﴾

28. Uma wehluleka ukubanika ngoba nawe ulindele umusa ka Allah owulangezelele; bazise ngamazwi amnene.

وَإِمَّا تُعۡرِضَنَّ عَنۡهُمُ ٱبۡتِغَآءَ رَحۡمَةٖ مِّن رَّبِّكَ تَرۡجُوهَا فَقُل لَّهُمۡ قَوۡلٗا مَّيۡسُورٗا ﴿٢٨﴾

29. Ungabopheli isandla sakho emqaleni [ukubophela inja nogodo] futhi ungasindlali sonke funa uphenduke ogxekwayo noswele.

وَلَا تَجۡعَلۡ يَدَكَ مَغۡلُولَةً إِلَىٰ عُنُقِكَ وَلَا تَبۡسُطۡهَا كُلَّ ٱلۡبَسۡطِ فَتَقۡعُدَ مَلُومٗا مَّحۡسُورًا ﴿٢٩﴾

30. Impela iNkosi yakho yabela emfunayo isondlo ngenala noma imswinye. Nebala Yona ngezigqila zaYo Inolwazi Iyabona.

إِنَّ رَبَّكَ يَبۡسُطُ ٱلرِّزۡقَ لِمَن يَشَآءُ وَيَقۡدِرُۚ إِنَّهُۥ كَانَ بِعِبَادِهِۦ خَبِيرَۢا بَصِيرٗا ﴿٣٠﴾

وَلَا تَقْتُلُوٓاْ أَوْلَـٰدَكُمْ خَشْيَةَ إِمْلَـٰقٍ ۖ نَّحْنُ نَرْزُقُهُمْ وَإِيَّاكُمْ ۚ إِنَّ قَتْلَهُمْ كَانَ خِطْـًٔا كَبِيرًا ﴿٣١﴾

31. Ningabulali izingane zenu ngenxa yokwesaba ubuphuya; yithina esizozondla kanye nani futhi; impela ukuzibulala kuyimpambuko enkulu.

وَلَا تَقْرَبُواْ ٱلزِّنَىٰٓ ۖ إِنَّهُۥ كَانَ فَـٰحِشَةً وَسَآءَ سَبِيلًا ﴿٣٢﴾

32. Futhi ningasondeli ekuphingeni; impela kungamanyala nendlela embi.

وَلَا تَقْتُلُواْ ٱلنَّفْسَ ٱلَّتِى حَرَّمَ ٱللَّهُ إِلَّا بِٱلْحَقِّ ۗ وَمَن قُتِلَ مَظْلُومًا فَقَدْ جَعَلْنَا لِوَلِيِّهِۦ سُلْطَـٰنًا فَلَا يُسْرِف فِّى ٱلْقَتْلِ ۖ إِنَّهُۥ كَانَ مَنصُورًا ﴿٣٣﴾

33. Futhi ningawukhiphi umphefumulo u Allah awenqabele ngokungemthetho. Lowo obulewe ngokungenabulungiswa, sinikeze umnakekeli wakhe amandla, ngakhoke makandluli imikhawulo ekubulaleni, impela usekelwe [ngokomthetho].

وَلَا تَقْرَبُواْ مَالَ ٱلْيَتِيمِ إِلَّا بِٱلَّتِى هِىَ أَحْسَنُ حَتَّىٰ يَبْلُغَ أَشُدَّهُۥ ۚ وَأَوْفُواْ بِٱلْعَهْدِ ۖ إِنَّ ٱلْعَهْدَ كَانَ مَسْـُٔولًا ﴿٣٤﴾

34. Ningasondeli kumcebo wentandane ngaphandle uma kungendlela ekahle, kuze kube bayakhula. Futhi nigcine isivumelwano. Ngokuba impela isivumelwano kuyobuzwa ngaso.

وَأَوْفُواْ ٱلْكَيْلَ إِذَا كِلْتُمْ وَزِنُواْ بِٱلْقِسْطَاسِ ٱلْمُسْتَقِيمِ ۚ ذَٰلِكَ خَيْرٌ وَأَحْسَنُ تَأْوِيلًا ﴿٣٥﴾

35. Nigcwalise isikali lapho nikala futhi nikale isisindo ngesikali esingenazinkinga. Lokho yikona okungcono nokunesiphetho esihle.

وَلَا تَقْفُ مَا لَيْسَ لَكَ بِهِۦ عِلْمٌ ۚ إِنَّ ٱلسَّمْعَ وَٱلْبَصَرَ وَٱلْفُؤَادَ كُلُّ أُوْلَـٰٓئِكَ كَانَ عَنْهُ مَسْـُٔولًا ﴿٣٦﴾

36. Futhi ungakhulumi lokho ongenalwazi ngakho. Nebala, ukuzwa nokubona nenhliziyo, konke lokho kuyobuzwa ngakho.

وَلَا تَمْشِ فِى ٱلْأَرْضِ مَرَحًا ۖ إِنَّكَ لَن تَخْرِقَ ٱلْأَرْضَ وَلَن تَبْلُغَ ٱلْجِبَالَ طُولًا ﴿٣٧﴾

37. Ungahambi emhlabeni ngokuzigqaja, impela awusoze wawuqhekeza umhlaba nomake ulingane nezintaba ngobude.

كُلُّ ذَٰلِكَ كَانَ سَيِّئُهُۥ عِندَ رَبِّكَ مَكْرُوهًا ﴿٣٨﴾

38. Konke lokho [okubaluliwe ngaphezulu] ububi bakho abuthandeki eNkosini yakho.

ذَٰلِكَ مِمَّآ أَوْحَىٰٓ إِلَيْكَ رَبُّكَ مِنَ ٱلْحِكْمَةِ ۗ وَلَا تَجْعَلْ مَعَ ٱللَّهِ إِلَٰهًا ءَاخَرَ فَتُلْقَىٰ فِى جَهَنَّمَ مَلُومًا مَّدْحُورًا ﴿٣٩﴾

39. Lokho okunye kobuhlakani iNkosi yakho ebembulele kuwe [Muhamadi]. Ungabhangqi u Allah nezinye izikhonzwa ngokuba uyotshingwa eJahanamu ugxekiwe uqalekisiwe.

أَفَأَصْفَىٰكُمْ رَبُّكُم بِٱلْبَنِينَ وَٱتَّخَذَ مِنَ ٱلْمَلَٰٓئِكَةِ إِنَٰثًا ۚ إِنَّكُمْ لَتَقُولُونَ قَوْلًا عَظِيمًا ﴿٤٠﴾

40. Ingabe u Allah uniqokele amadodana kepha Yena waziqokela amadodakazi na? Impela nikhulume amagama anzima.

وَلَقَدْ صَرَّفْنَا فِى هَٰذَا ٱلْقُرْءَانِ لِيَذَّكَّرُوا۟ وَمَا يَزِيدُهُمْ إِلَّا نُفُورًا ﴿٤١﴾

41. Futhi kuleKurani sicacisile ukuze balalele, kepha lokho kubabalekisa kakhulu.

قُل لَّوْ كَانَ مَعَهُۥٓ ءَالِهَةٌ كَمَا يَقُولُونَ إِذًا لَّٱبْتَغَوْا۟ إِلَىٰ ذِى ٱلْعَرْشِ سَبِيلًا ﴿٤٢﴾

42. Yithi: "Ukube [u Allah] bekanezinye izikhonzwa njengoba nisho, ngabe [kade] zafuna indlela yokufinyelela kuMnikazi weSihlalo".

سُبْحَٰنَهُۥ وَتَعَٰلَىٰ عَمَّا يَقُولُونَ عُلُوًّا كَبِيرًا ﴿٤٣﴾

43. Makangcweliswe futhi uphakeme kakhulu kunalokho abakushoyo.

تُسَبِّحُ لَهُ ٱلسَّمَٰوَٰتُ ٱلسَّبْعُ وَٱلْأَرْضُ وَمَن فِيهِنَّ ۚ وَإِن مِّن شَىْءٍ إِلَّا يُسَبِّحُ بِحَمْدِهِۦ وَلَٰكِن لَّا تَفْقَهُونَ تَسْبِيحَهُمْ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ حَلِيمًا غَفُورًا ﴿٤٤﴾

44. Ubatshazwa ngamazulu ayisikhombisa nomhlaba nakho konke okuqukethwe yiwo. Futhi ayikho into engalubabazi udumo lwakhe, kepha nina anikuqondi ukubabazakwazo. Impela Yena Unobubele Ungumthetheleli.

45. Uma ufunda iKurani sibeka isisithezo esimbozayo phakathi kwakho nalabo abangakholelwa kwelizayo.

وَإِذَا قَرَأْتَ ٱلْقُرْءَانَ جَعَلْنَا بَيْنَكَ وَبَيْنَ ٱلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ بِٱلْءَاخِرَةِ حِجَابًا مَّسْتُورًا ﴿٤٥﴾

46. Simboze izinhliziyo zabo ukuze bangaqondi nasezindlebeni zabo kunobuthulu. Futhi uma ubalula iNkosi yakho Yona yodwa kwiKurani, bashaya bachite bebaleka.

وَجَعَلْنَا عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ أَكِنَّةً أَن يَفْقَهُوهُ وَفِىٓ ءَاذَانِهِمْ وَقْرًا ۚ وَإِذَا ذَكَرْتَ رَبَّكَ فِى ٱلْقُرْءَانِ وَحْدَهُۥ وَلَّوْا۟ عَلَىٰٓ أَدْبَـٰرِهِمْ نُفُورًا ﴿٤٦﴾

47. Thina sikwazi kahle lokho abakulalelayo lapho bekulalele nezinkulumo zabo zangasese, lapho abangenabulungiswa bethi: "Impela nilandela indoda eloyiwe".

نَّحْنُ أَعْلَمُ بِمَا يَسْتَمِعُونَ بِهِۦٓ إِذْ يَسْتَمِعُونَ إِلَيْكَ وَإِذْ هُمْ نَجْوَىٰٓ إِذْ يَقُولُ ٱلظَّـٰلِمُونَ إِن تَتَّبِعُونَ إِلَّا رَجُلًا مَّسْحُورًا ﴿٤٧﴾

48. Bheka ukuthi bakufanisa nani, badukile futhi abasoze bayithola indlela eqondile.

ٱنظُرْ كَيْفَ ضَرَبُوا۟ لَكَ ٱلْأَمْثَالَ فَضَلُّوا۟ فَلَا يَسْتَطِيعُونَ سَبِيلًا ﴿٤٨﴾

49. Futhi bathi: "Ingabe impela lapho sesingamathambo nezicucu siphinde sivuswe kabusha na?!

وَقَالُوٓا۟ أَءِذَا كُنَّا عِظَـٰمًا وَرُفَـٰتًا أَءِنَّا لَمَبْعُوثُونَ خَلْقًا جَدِيدًا ﴿٤٩﴾

50. Yithi: "Yibani amatshe noma insimbi".

* قُلْ كُونُوا۟ حِجَارَةً أَوْ حَدِيدًا ﴿٥٠﴾

51. Noma iyiphi indalo eniyibona inkulu ezinqondweni zenu. Bayothi: "Ubani oyosivusa na?" Yithi: "Lona owanidala kwasekuqaleni ningelutho". Bayokunikinela amakhanda abo bese bathi: "Kuyokwenzeka nini?". Yithi: "Hleze sekuseduze".

أَوْ خَلْقًا مِّمَّا يَكْبُرُ فِى صُدُورِكُمْ ۚ فَسَيَقُولُونَ مَن يُعِيدُنَا ۖ قُلِ ٱلَّذِى فَطَرَكُمْ أَوَّلَ مَرَّةٍ ۚ فَسَيُنْغِضُونَ إِلَيْكَ رُءُوسَهُمْ وَيَقُولُونَ مَتَىٰ هُوَ ۖ قُلْ عَسَىٰٓ أَن يَكُونَ قَرِيبًا ﴿٥١﴾

52. Ngosuku lapho eyonibiza, niyophendula ngokumdumisa futhi niyocabanga ukuthi nahlala isikhashana nje [emhlabeni].

يَوْمَ يَدْعُوكُمْ فَتَسْتَجِيبُونَ بِحَمْدِهِۦ وَتَظُنُّونَ إِن لَّبِثْتُمْ إِلَّا قَلِيلًا ﴿٥٢﴾

53. Yithi kuzigqila zaMi lezi ezikhuluma amagama amagama amahle: "uShayitani utshala ubutha phakathi kwabo; impela uShayitani uyohlala eyisitha esisobala kumuntu".

وَقُل لِّعِبَادِى يَقُولُوا۟ ٱلَّتِى هِىَ أَحْسَنُ ۚ إِنَّ ٱلشَّيْطَٰنَ يَنزَغُ بَيْنَهُمْ ۚ إِنَّ ٱلشَّيْطَٰنَ كَانَ لِلْإِنسَٰنِ عَدُوًّا مُّبِينًا ﴿٥٣﴾

54. iNkosi yenu inazi kahle. Uma ithanda inganihawukela noma uma ithanda inganijezisa. Futhi asikuthumelanga kubo ukuthi ube umnakekeli.

رَّبُّكُمْ أَعْلَمُ بِكُمْ ۖ إِن يَشَأْ يَرْحَمْكُمْ أَوْ إِن يَشَأْ يُعَذِّبْكُمْ ۚ وَمَآ أَرْسَلْنَٰكَ عَلَيْهِمْ وَكِيلًا ﴿٥٤﴾

55. Futhi iNkosi yakho ibazi kahle bonke abasemazulwini nasemhlabeni. Sapha ezinye iZithunywa ukudlula ezinye; sanika uDawudi iZabhuri.

وَرَبُّكَ أَعْلَمُ بِمَن فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۗ وَلَقَدْ فَضَّلْنَا بَعْضَ ٱلنَّبِيِّۦنَ عَلَىٰ بَعْضٍ ۖ وَءَاتَيْنَا دَاوُۥدَ زَبُورًا ﴿٥٥﴾

56. Yithi: "Bizani labo enibaqokile ngaphandle kwaKhe [u Allah]; abanawo amandla okususa ubunzima kini noma babuqhelise".

قُلِ ٱدْعُوا۟ ٱلَّذِينَ زَعَمْتُم مِّن دُونِهِۦ فَلَا يَمْلِكُونَ كَشْفَ ٱلضُّرِّ عَنكُمْ وَلَا تَحْوِيلًا ﴿٥٦﴾

57. Labo ababakhonzayo, nabo bafuna indlela engabasondeza eNkosini yabo futhi balangezelela umusa waYo futhi basa nesijeziso saYo. Impela isijeziso seNkosi yakho siyasabeka.

أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ يَدْعُونَ يَبْتَغُونَ إِلَىٰ رَبِّهِمُ ٱلْوَسِيلَةَ أَيُّهُمْ أَقْرَبُ وَيَرْجُونَ رَحْمَتَهُۥ وَيَخَافُونَ عَذَابَهُۥٓ ۚ إِنَّ عَذَابَ رَبِّكَ كَانَ مَحْذُورًا ﴿٥٧﴾

58. Futhi ayikho indawo [yabangakholwa] esingeke sayibhubhisa lingakafiki uSuku lokwahlulela noma sijzise

وَإِن مِّن قَرْيَةٍ إِلَّا نَحْنُ مُهْلِكُوهَا قَبْلَ يَوْمِ ٱلْقِيَٰمَةِ أَوْ مُعَذِّبُوهَا عَذَابًا شَدِيدًا ۚ كَانَ ذَٰلِكَ فِى ٱلْكِتَٰبِ مَسْطُورًا ﴿٥٨﴾

kanzima. Lokho kulotshiwe eNcwadini [uQwembe]

وَمَا مَنَعَنَآ أَن نُّرۡسِلَ بِٱلۡأٓيَٰتِ إِلَّآ أَن كَذَّبَ بِهَا ٱلۡأَوَّلُونَۚ وَءَاتَيۡنَا ثَمُودَ ٱلنَّاقَةَ مُبۡصِرَةٗ فَظَلَمُواْ بِهَاۚ وَمَا نُرۡسِلُ بِٱلۡأٓيَٰتِ إِلَّا تَخۡوِيفٗا ٥٩

59. Akukho okusivimbile ekuletheni izibonakaliso ngaphandle nje kokuthi laba basendulo baziphike. Saninika isizwe sakwaTamudi ikameli njengesibonakaliso kepha balihlukumeza. Futhi siletha izibonakaliso ukuthusa [ngazo izigqila].

وَإِذۡ قُلۡنَا لَكَ إِنَّ رَبَّكَ أَحَاطَ بِٱلنَّاسِۚ وَمَا جَعَلۡنَا ٱلرُّءۡيَا ٱلَّتِيٓ أَرَيۡنَٰكَ إِلَّا فِتۡنَةٗ لِّلنَّاسِ وَٱلشَّجَرَةَ ٱلۡمَلۡعُونَةَ فِي ٱلۡقُرۡءَانِۚ وَنُخَوِّفُهُمۡ فَمَا يَزِيدُهُمۡ إِلَّا طُغۡيَٰنٗا كَبِيرٗا ٦٠

60. Khumbula [we Muhamadi] mhla sithi kuwe: "Impela iNkosi yakho ibengamele bonke abantu". Futhi senza iphupho leli esakubonisa lona laba isivivinyo kusintu kanjalo nesihlahla esiqalekisiwe esibalulwe kwiKurani. Siyabathusa, kepha akubandiseli lutho ngaphandle nje bagxile ekuphuleni umthetho kakhulu.

وَإِذۡ قُلۡنَا لِلۡمَلَٰٓئِكَةِ ٱسۡجُدُواْ لِأٓدَمَ فَسَجَدُوٓاْ إِلَّآ إِبۡلِيسَ قَالَ ءَأَسۡجُدُ لِمَنۡ خَلَقۡتَ طِينٗا ٦١

61. Khumbula Sithi kuzingelosi: "Khothamelani u Adamu, zabe seziyakhothama ngaphandle kuka Ibhilisi, [yena] wathi: Ngingamkhothamela kanjani lona omdale ngebumba na?"

قَالَ أَرَءَيۡتَكَ هَٰذَا ٱلَّذِي كَرَّمۡتَ عَلَيَّ لَئِنۡ أَخَّرۡتَنِ إِلَىٰ يَوۡمِ ٱلۡقِيَٰمَةِ لَأَحۡتَنِكَنَّ ذُرِّيَّتَهُۥٓ إِلَّا قَلِيلٗا ٦٢

62. Wathi [belu u Ibhilisi]: "Uyambona lona omqokile kunami, uma ungipha impilo ende kuze kufike uSuku lokwahlulela, nebala ngiyodukisa uzalo lwakhe ngaphandlenje kwedlanzana.

63. Wathi [u Allah]: "Hamba, lowo kubo oyokulandela, impela iJahanamu iyoba umvuzo wabo, umvuzo owenele ophelele.

قَالَ ٱذۡهَبۡ فَمَن تَبِعَكَ مِنۡهُمۡ فَإِنَّ جَهَنَّمَ جَزَآؤُكُمۡ جَزَآءٗ مَّوۡفُورٗا ﴿٦٣﴾

64. Yenga ozokhona ukumyenga ngezwi lakho futhi ubavuthele [ibutho] lakho eligibele izinjomane nelihamba ngezinyawo, uzibandakanye nabo kumcebo wabo nezingane zabo uphinde ubenzele izithembiso. Kepha uShayitani akabathembisi lutho ngaphandle kwenkohliso.

وَٱسۡتَفۡزِزۡ مَنِ ٱسۡتَطَعۡتَ مِنۡهُم بِصَوۡتِكَ وَأَجۡلِبۡ عَلَيۡهِم بِخَيۡلِكَ وَرَجِلِكَ وَشَارِكۡهُمۡ فِي ٱلۡأَمۡوَٰلِ وَٱلۡأَوۡلَٰدِ وَعِدۡهُمۡۚ وَمَا يَعِدُهُمُ ٱلشَّيۡطَٰنُ إِلَّا غُرُورًا ﴿٦٤﴾

65. Impela izigqila zaMi, awusoze waba nomthelela kuzo. Futhi iNkosi yakho yanele njengoMnakekeli.

إِنَّ عِبَادِي لَيۡسَ لَكَ عَلَيۡهِمۡ سُلۡطَٰنٞۚ وَكَفَىٰ بِرَبِّكَ وَكِيلٗا ﴿٦٥﴾

66. Iyona iNKosi yenu lena enihambisela umkhumbi olwandle ukuze nizithungathele ebusisweni zaKhe. Impela Yena Unesihawu kini.

رَّبُّكُمُ ٱلَّذِي يُزۡجِي لَكُمُ ٱلۡفُلۡكَ فِي ٱلۡبَحۡرِ لِتَبۡتَغُواْ مِن فَضۡلِهِۦٓۚ إِنَّهُۥ كَانَ بِكُمۡ رَحِيمٗا ﴿٦٦﴾

67. Uma nehlelwa ubunzima olwandle, bayalahleka labo enibakhonzayo ngaphandle kwaKhe [u Allah]. Kuthi lapho esenihlengele ogwini, nivane nijike. Vele umuntu akabongi.

وَإِذَا مَسَّكُمُ ٱلضُّرُّ فِي ٱلۡبَحۡرِ ضَلَّ مَن تَدۡعُونَ إِلَّآ إِيَّاهُۖ فَلَمَّا نَجَّىٰكُمۡ إِلَى ٱلۡبَرِّ أَعۡرَضۡتُمۡۚ وَكَانَ ٱلۡإِنسَٰنُ كَفُورًا ﴿٦٧﴾

68. Ingabe nizibona niphephile yini ekutheni anigqibe khona eceleni nogu noma anithumele ngesiphepho, kungekhoke nozoninakekela anihlenge.

أَفَأَمِنتُمۡ أَن يَخۡسِفَ بِكُمۡ جَانِبَ ٱلۡبَرِّ أَوۡ يُرۡسِلَ عَلَيۡكُمۡ حَاصِبٗا ثُمَّ لَا تَجِدُواْ لَكُمۡ وَكِيلًا ﴿٦٨﴾

أَمۡ أَمِنتُمۡ أَن يُعِيدَكُمۡ فِيهِ تَارَةً أُخۡرَىٰ فَيُرۡسِلَ عَلَيۡكُمۡ قَاصِفٗا مِّنَ ٱلرِّيحِ فَيُغۡرِقَكُم بِمَا كَفَرۡتُمۡ ثُمَّ لَا تَجِدُواْ لَكُمۡ عَلَيۡنَا بِهِۦ تَبِيعٗا ٦٩

69. Noma nizibona niphephile ekutheni anibuyisele futhi phakathi bese enithumela ngezivunguvungu zomoya anicwilise ngenxa yokungabongi kwenu. Futhi kube kungekho oyosilandelela ngani ngenxa yalokho.

۞ وَلَقَدۡ كَرَّمۡنَا بَنِيٓ ءَادَمَ وَحَمَلۡنَٰهُمۡ فِي ٱلۡبَرِّ وَٱلۡبَحۡرِ وَرَزَقۡنَٰهُم مِّنَ ٱلطَّيِّبَٰتِ وَفَضَّلۡنَٰهُمۡ عَلَىٰ كَثِيرٖ مِّمَّنۡ خَلَقۡنَا تَفۡضِيلٗا ٧٠

70. Nebala sibaqokile abantwana baka Adamu [isintu sonkana] sabathwala ezweni nasolwandle sabondla futhi ngalokho okumsulwa [okuhlanzekile] saphinde sababusisa kakhulu ukudlula okuningi esikudalile.

يَوۡمَ نَدۡعُواْ كُلَّ أُنَاسِۭ بِإِمَٰمِهِمۡۖ فَمَنۡ أُوتِيَ كِتَٰبَهُۥ بِيَمِينِهِۦ فَأُوْلَٰٓئِكَ يَقۡرَءُونَ كِتَٰبَهُمۡ وَلَا يُظۡلَمُونَ فَتِيلٗا ٧١

71. Khumbula usuku lapho siyobiza khona bonke abantu nomholi wabo. Lowoke oyonikwa iNcwadi yakhe kwesokudla; yilabo abayoyifunda iNcwadi yabo futhi akukho nokunca okungebona ubulungiswa okuyokwenziwa kubo.

وَمَن كَانَ فِي هَٰذِهِۦٓ أَعۡمَىٰ فَهُوَ فِي ٱلۡأٓخِرَةِ أَعۡمَىٰ وَأَضَلُّ سَبِيلٗا ٧٢

72. Futhi lowo obekade engaboni lapha emhlabeni, kanjalo nakwelizayo uyobe eyimpumputhe eduke kakhulu.

وَإِن كَادُواْ لَيَفۡتِنُونَكَ عَنِ ٱلَّذِيٓ أَوۡحَيۡنَآ إِلَيۡكَ لِتَفۡتَرِيَ عَلَيۡنَا غَيۡرَهُۥۖ وَإِذٗا لَّٱتَّخَذُوكَ خَلِيلٗا ٧٣

73. Bacishe bakulinga impela ngalokho esikwembulele kuwe [Muhamadi], ukuze usiqambele amanga ngokunye. Ukube kwabanjalo, bebezokwenza umngani wabo omkhulu.

74. Ukube asizange sikuqinise, ucishe walingeka kubo kancane nje.

وَلَوْلَآ أَن ثَبَّتْنَٰكَ لَقَدْ كِدتَّ تَرْكَنُ إِلَيْهِمْ شَيْـًٔا قَلِيلًا ﴿٧٤﴾

75. Ukube kwabanjalo, besizokuzwisa impilo enzima nokufa okunzima, futhi kube kungekho oyokusiza abhekane nathi.

إِذًا لَّأَذَقْنَٰكَ ضِعْفَ ٱلْحَيَوٰةِ وَضِعْفَ ٱلْمَمَاتِ ثُمَّ لَا تَجِدُ لَكَ عَلَيْنَا نَصِيرًا ﴿٧٥﴾

76. Bacishe bakucika emhlabeni ukuze bakuxoshe kuwo [eMakha]; uma kunjalo, bazohlala nje isikhashana emuva kwakho [bese bejeziswa].

وَإِن كَادُوا۟ لَيَسْتَفِزُّونَكَ مِنَ ٱلْأَرْضِ لِيُخْرِجُوكَ مِنْهَا ۖ وَإِذًا لَّا يَلْبَثُونَ خِلَٰفَكَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿٧٦﴾

77. Lelo usiko lwalabo esabathumela kuZithunywa zeThu ngaphambili kwakho; futhi awusoze wathola nguquko osikweni lweThu.

سُنَّةَ مَن قَدْ أَرْسَلْنَا قَبْلَكَ مِن رُّسُلِنَا ۖ وَلَا تَجِدُ لِسُنَّتِنَا تَحْوِيلًا ﴿٧٧﴾

78. Yenza iswala kusuka lapho liwa ilanga [emini bebade] kuze kuhlwe [iDuhuri, i-Asari, iMagiribi ne Isha] udonse lapho ufunda iKurani ngeFajari, ngokuba iKurani efundwa ngeFajari ithanyelwe [izingelosi].

أَقِمِ ٱلصَّلَوٰةَ لِدُلُوكِ ٱلشَّمْسِ إِلَىٰ غَسَقِ ٱلَّيْلِ وَقُرْءَانَ ٱلْفَجْرِ ۖ إِنَّ قُرْءَانَ ٱلْفَجْرِ كَانَ مَشْهُودًا ﴿٧٨﴾

79. Nasebusuku uvuke uyifunde [iKurani] ukuzithasisela, kulindeke ukuba iNkosi yakho ikubeke ezingeni elincomekayo.

وَمِنَ ٱلَّيْلِ فَتَهَجَّدْ بِهِۦ نَافِلَةً لَّكَ عَسَىٰٓ أَن يَبْعَثَكَ رَبُّكَ مَقَامًا مَّحْمُودًا ﴿٧٩﴾

80. Yithi: "Nkosi yami ngingenise [kokuhle] ukungena kweqiniso futhi ungikhiphe [kokubi] ukuphuma kweqiniso bese ungipha ubufakazi obuyongilekelela obuvela kuWe".

وَقُل رَّبِّ أَدْخِلْنِى مُدْخَلَ صِدْقٍ وَأَخْرِجْنِى مُخْرَجَ صِدْقٍ وَٱجْعَل لِّى مِن لَّدُنكَ سُلْطَٰنًا نَّصِيرًا ﴿٨٠﴾

81. Yithi futhi: "Selifikile iqiniso ashabalala amanga, impela amanga ayohlala eshabalala".

وَقُلْ جَآءَ ٱلْحَقُّ وَزَهَقَ ٱلْبَٰطِلُ ۚ إِنَّ ٱلْبَٰطِلَ كَانَ زَهُوقًا ﴿٨١﴾

82. Futhi sembulele kwiKurani lokho okulaphayo nomusa kulabo abakholwayo, kepha laba abangenzi ubulungiswa akubandiseli lutho ngaphandle kokulahlekelwa.

وَنُنَزِّلُ مِنَ ٱلْقُرْءَانِ مَا هُوَ شِفَآءٌ وَرَحْمَةٌ لِّلْمُؤْمِنِينَ وَلَا يَزِيدُ ٱلظَّٰلِمِينَ إِلَّا خَسَارًا ﴿٨٢﴾

83. Uma umuntu simbusisa [ngotho], uyajika azigqaje. Kuthi uma esehlelwe inkinga alahle ithemba.

وَإِذَآ أَنْعَمْنَا عَلَى ٱلْإِنسَٰنِ أَعْرَضَ وَنَـَٔا بِجَانِبِهِۦ وَإِذَا مَسَّهُ ٱلشَّرُّ كَانَ يَـُٔوسًا ﴿٨٣﴾

84. Yithi: "Wonke umuntu wenza ngendlela yakhe, kepha iNkosi yakho iYona eyazi kahle ukuthi ubani osendleleni eqondile".

قُلْ كُلٌّ يَعْمَلُ عَلَىٰ شَاكِلَتِهِۦ فَرَبُّكُمْ أَعْلَمُ بِمَنْ هُوَ أَهْدَىٰ سَبِيلًا ﴿٨٤﴾

85. Bakubuza ngomphefumulo, Yithi: "Umphefumulo indaba yeNkosi yami, futhi nina lutho olwazini ngaphandle nje kokuncane".

وَيَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلرُّوحِ ۖ قُلِ ٱلرُّوحُ مِنْ أَمْرِ رَبِّى وَمَآ أُوتِيتُم مِّنَ ٱلْعِلْمِ إِلَّا قَلِيلًا ﴿٨٥﴾

86. Uma sifuna, singakuthatha lokhu esikwembulele kuwe [Muhamadi], futh akekho oyomthola ukuba abhekane naThi akulekelele.

وَلَئِن شِئْنَا لَنَذْهَبَنَّ بِٱلَّذِىٓ أَوْحَيْنَآ إِلَيْكَ ثُمَّ لَا تَجِدُ لَكَ بِهِۦ عَلَيْنَا وَكِيلًا ﴿٨٦﴾

87. Ngaphandle uma kuwumusa ovela eNkosini yakho, nebala izibusiso zaYo zinkulu kuwe [Muhamadi].

إِلَّا رَحْمَةً مِّن رَّبِّكَ ۚ إِنَّ فَضْلَهُۥ كَانَ عَلَيْكَ كَبِيرًا ﴿٨٧﴾

88. Yithi: "Noma bonke abantu namajini bengahlangana ukuba bakhiqize okufana naleKurani; abasoze bakhona ukukukhiqiza efana nayo noma bengalekelelana".

قُل لَّئِنِ ٱجْتَمَعَتِ ٱلْإِنسُ وَٱلْجِنُّ عَلَىٰٓ أَن يَأْتُوا۟ بِمِثْلِ هَٰذَا ٱلْقُرْءَانِ لَا يَأْتُونَ بِمِثْلِهِۦ وَلَوْ كَانَ بَعْضُهُمْ لِبَعْضٍ ظَهِيرًا ﴿٨٨﴾

89. Nebala sibahlalusele abantu kuleKurani ngayo yonke imizekelo, kepha iningi labantu liqome ukungakholwa.

وَلَقَدْ صَرَّفْنَا لِلنَّاسِ فِي هَٰذَا ٱلْقُرْءَانِ مِن كُلِّ مَثَلٍ فَأَبَىٰٓ أَكْثَرُ ٱلنَّاسِ إِلَّا كُفُورًا ﴿٨٩﴾

90. Futhi bathi: "Asisoze sakukholwa kuze kube usiqhekezela umhlaba kuqhume umthombo wamanzi".

وَقَالُوا۟ لَن نُّؤْمِنَ لَكَ حَتَّىٰ تَفْجُرَ لَنَا مِنَ ٱلْأَرْضِ يَنۢبُوعًا ﴿٩٠﴾

91. Noma ube nesivande samasundu nesomvini, bese ugelezisa imifula phakathi kwazo igobhoze.

أَوْ تَكُونَ لَكَ جَنَّةٌ مِّن نَّخِيلٍ وَعِنَبٍ فَتُفَجِّرَ ٱلْأَنْهَٰرَ خِلَٰلَهَا تَفْجِيرًا ﴿٩١﴾

92. Noma usehlisele isibhakabhaka njengoba bewusho usiphahlaze izicucu noma ulethe u Allah nezingelosi sizibonele mathupha!

أَوْ تُسْقِطَ ٱلسَّمَآءَ كَمَا زَعَمْتَ عَلَيْنَا كِسَفًا أَوْ تَأْتِىَ بِٱللَّهِ وَٱلْمَلَٰٓئِكَةِ قَبِيلًا ﴿٩٢﴾

93. Noma ube nendlu yegolide noma wenyukele phezulu ezulwini futhi asisoze sakukholwa ukuthi unyukile kuze kube usehlisela incwadi siyifunde. Yithi: "Mayingcweliswe iNkosi yami, angisilutho ngaphandle nje komuntu oyiSithunywa".

أَوْ يَكُونَ لَكَ بَيْتٌ مِّن زُخْرُفٍ أَوْ تَرْقَىٰ فِى ٱلسَّمَآءِ وَلَن نُّؤْمِنَ لِرُقِيِّكَ حَتَّىٰ تُنَزِّلَ عَلَيْنَا كِتَٰبًا نَّقْرَؤُهُۥ ۗ قُلْ سُبْحَانَ رَبِّى هَلْ كُنتُ إِلَّا بَشَرًا رَّسُولًا ﴿٩٣﴾

94. Futhi akukho okuvimba abantu ukuba bakholwe uma ukukhanya kufika kubo, ngaphandle kokuthi bathi: "U Allah uthumela umuntu njengeSithunywa?"

وَمَا مَنَعَ ٱلنَّاسَ أَن يُؤْمِنُوٓا۟ إِذْ جَآءَهُمُ ٱلْهُدَىٰٓ إِلَّآ أَن قَالُوٓا۟ أَبَعَثَ ٱللَّهُ بَشَرًا رَّسُولًا ﴿٩٤﴾

95. Yithi: "Ukube kwakukhona izingelosi emhlabeni zihamba ngokunethezeka, besizozehlisela ezulwini isithunywa esiyingelosi".

قُل لَّوْ كَانَ فِى ٱلْأَرْضِ مَلَٰٓئِكَةٌ يَمْشُونَ مُطْمَئِنِّينَ لَنَزَّلْنَا عَلَيْهِم مِّنَ ٱلسَّمَآءِ مَلَكًا رَّسُولًا ﴿٩٥﴾

96. Yithi: "U Allah wanele ukuba ufakazi phakathi kwami nani, impela Yena Unolwazi Uyabona mayelana nezigqila zaKhe".

قُلْ كَفَىٰ بِٱللَّهِ شَهِيدًۢا بَيْنِى وَبَيْنَكُمْ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ بِعِبَادِهِۦ خَبِيرًۢا بَصِيرًا ﴿٩٦﴾

97. Futhi lowo u Allah amholile, usendleleni eqondile. Nalowo amdukisile, awusoze wabatholela abanye abahlengi ngaphandle kuka Allah. NgoSuku lokwahlulela siyobabuthanisa bahudulwe ngobuso beyizimpumputhe beyizimumu beyizithuli, bayophelela eJahanamu. Njalonje uma usulotha [uMlilo waseJahanamu] sengeza ilangabi.

وَمَن يَهْدِ ٱللَّهُ فَهُوَ ٱلْمُهْتَدِ ۖ وَمَن يُضْلِلْ فَلَن تَجِدَ لَهُمْ أَوْلِيَآءَ مِن دُونِهِۦ ۖ وَنَحْشُرُهُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ عَلَىٰ وُجُوهِهِمْ عُمْيًا وَبُكْمًا وَصُمًّا ۖ مَّأْوَىٰهُمْ جَهَنَّمُ ۖ كُلَّمَا خَبَتْ زِدْنَٰهُمْ سَعِيرًا ﴿٩٧﴾

98. Lokhu, umvuzo wabo ngoba baphika izibonakaliso zeThu bathi: "Lapho sesingamathambo nezicucu, ingabe ngempela siyophinde sivuswe kabusha na?"

ذَٰلِكَ جَزَآؤُهُم بِأَنَّهُمْ كَفَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَا وَقَالُوٓا۟ أَءِذَا كُنَّا عِظَٰمًا وَرُفَٰتًا أَءِنَّا لَمَبْعُوثُونَ خَلْقًا جَدِيدًا ﴿٩٨﴾

99. Ababonanga yini ukuthi nebala u Allah lona owadala amazulu nomhlaba unamandla okudala okunye okufana nawo. Futhi wababekela isikathi [sokuphila] esingengatshazwe, kepha abaphambukile bavane baqoma ukungakholwa.

* أَوَلَمْ يَرَوْا۟ أَنَّ ٱللَّهَ ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ قَادِرٌ عَلَىٰٓ أَن يَخْلُقَ مِثْلَهُمْ وَجَعَلَ لَهُمْ أَجَلًا لَّا رَيْبَ فِيهِ ۖ فَأَبَى ٱلظَّٰلِمُونَ إِلَّا كُفُورًا ﴿٩٩﴾

100. Yithi: "Ukube beniphethe imicebo yomusa weNkosi yami; beniyongoqa ngenxa yokwesaba ukondla; vele umuntu ungungoqo.

قُل لَّوْ أَنتُمْ تَمْلِكُونَ خَزَآئِنَ رَحْمَةِ رَبِّىٓ إِذًا لَّأَمْسَكْتُمْ خَشْيَةَ ٱلْإِنفَاقِ ۚ وَكَانَ ٱلْإِنسَٰنُ قَتُورًا ﴿١٠٠﴾

وَلَقَدْ ءَاتَيْنَا مُوسَىٰ تِسْعَ ءَايَـٰتٍۭ بَيِّنَـٰتٍ فَسْـَٔلْ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ إِذْ جَآءَهُمْ فَقَالَ لَهُۥ فِرْعَوْنُ إِنِّى لَأَظُنُّكَ يَـٰمُوسَىٰ مَسْحُورًا ﴿١٠١﴾

101. Futhi sanika uMusa izibonakaliso eziyisishagalombili. Ngakhoke buza isizwe sakwa Isirayeli ngomhla efika kubo, wathi kuye uFirawuni: "Ngicabanga ukuthi wena Musa uloyiwe".

قَالَ لَقَدْ عَلِمْتَ مَآ أَنزَلَ هَـٰٓؤُلَآءِ إِلَّا رَبُّ ٱلسَّمَـٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ بَصَآئِرَ وَإِنِّى لَأَظُنُّكَ يَـٰفِرْعَوْنُ مَثْبُورًا ﴿١٠٢﴾

102. Wathi: "Wazi kahle ukuthi akekho olethe zonke lezinto ngaphandle kweNkosi yamazulu nomahlaba njengezibonakaliso. Futhi nami ngicabanga ukuthi wena Firawuni uzobhujiswa".

فَأَرَادَ أَن يَسْتَفِزَّهُم مِّنَ ٱلْأَرْضِ فَأَغْرَقْنَـٰهُ وَمَن مَّعَهُۥ جَمِيعًا ﴿١٠٣﴾

103. Wabe esefuna ukukhinyabeza emhlabeni [ukuze bahambe] kepha sabacwilisa bonke yena nalabo ababenaye.

وَقُلْنَا مِنۢ بَعْدِهِۦ لِبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ٱسْكُنُوا۟ ٱلْأَرْضَ فَإِذَا جَآءَ وَعْدُ ٱلْـَٔاخِرَةِ جِئْنَا بِكُمْ لَفِيفًا ﴿١٠٤﴾

104. Sase sithi esizweni sakwa Isirayeli emuva kwakhe [uFirawuni]: "Hlalani emhlabeni, kuyothi uma sekifika isikhathi sakwelizayo siyoniletha nonke.

وَبِٱلْحَقِّ أَنزَلْنَـٰهُ وَبِٱلْحَقِّ نَزَلَ ۗ وَمَآ أَرْسَلْنَـٰكَ إِلَّا مُبَشِّرًا وَنَذِيرًا ﴿١٠٥﴾

105. Siyembulele ngeqiniso [iKurani] futhi yehla ngeqiniso. Futhi sikuthume [wena Muhamadi] ukuba ube umethuli wezindaba ezinhle nomxwayisi.

وَقُرْءَانًا فَرَقْنَـٰهُ لِتَقْرَأَهُۥ عَلَى ٱلنَّاسِ عَلَىٰ مُكْثٍ وَنَزَّلْنَـٰهُ تَنزِيلًا ﴿١٠٦﴾

106. NeKurani siyenze yaba umnqamulajuqu [phakathi kweqiniso namanga] ukuze uyifundele abantu ngesineke [ungajahile] futhi sayembulela kancane kancane.

107. Yithi: "Kholelwani kuyo noma ningakholelwa; impela labo abanikwa ulwazi ngaphambili uma befundelwa [yona] bawa phansi ngobuso bakhothame".

قُلْ ءَامِنُوا۟ بِهِۦٓ أَوْ لَا تُؤْمِنُوٓا۟ ۚ إِنَّ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْعِلْمَ مِن قَبْلِهِۦٓ إِذَا يُتْلَىٰ عَلَيْهِمْ يَخِرُّونَ لِلْأَذْقَانِ سُجَّدًا ﴿١٠٧﴾

108. Bese bathi: "Mayingcweliswe iNkosi yethu, nebala isithembiso seNkosi yethu siyenzeka".

وَيَقُولُونَ سُبْحَٰنَ رَبِّنَآ إِن كَانَ وَعْدُ رَبِّنَا لَمَفْعُولًا ﴿١٠٨﴾

109. Bawa ngobuso phansi bekhala futhi ibandisela ukuzithoba nokugxila.

وَيَخِرُّونَ لِلْأَذْقَانِ يَبْكُونَ وَيَزِيدُهُمْ خُشُوعًا ﴿١٠٩﴾

110. Yithi: "Bizani u Allah noma nibize u Rahimani [Onomusa], noma yiliphi enilibizayo, phela unaMagama Amahle. Futhi ungaphakamisi izwi lapho ukhuleka futhi ungahlebeli, wenze nje okumaphakathi kwalokho".

قُلِ ٱدْعُوا۟ ٱللَّهَ أَوِ ٱدْعُوا۟ ٱلرَّحْمَٰنَ ۖ أَيًّا مَّا تَدْعُوا۟ فَلَهُ ٱلْأَسْمَآءُ ٱلْحُسْنَىٰ ۚ وَلَا تَجْهَرْ بِصَلَاتِكَ وَلَا تُخَافِتْ بِهَا وَٱبْتَغِ بَيْنَ ذَٰلِكَ سَبِيلًا ﴿١١٠﴾

111. Yithi: "Udumo lungoluka Allah, Lona ongaziqokelanga ngane futhi ongenamlingani eBukhosini nongenamnakekeli odinga ukumhlenga ehlazweni, ngakhoke mphakamise umdumise kakhulu".

وَقُلِ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ ٱلَّذِى لَمْ يَتَّخِذْ وَلَدًا وَلَمْ يَكُن لَّهُۥ شَرِيكٌ فِى ٱلْمُلْكِ وَلَمْ يَكُن لَّهُۥ وَلِىٌّ مِّنَ ٱلذُّلِّ ۖ وَكَبِّرْهُ تَكْبِيرًا ﴿١١١﴾

(18) SURA KAHAFU
UMGEDE

سُورَةُ الكَهۡفِ

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

ٱلۡحَمۡدُ لِلَّهِ ٱلَّذِيٓ أَنزَلَ عَلَىٰ عَبۡدِهِ ٱلۡكِتَٰبَ وَلَمۡ يَجۡعَل لَّهُۥ عِوَجَاۜ ١

1. Lonke udumo lungoluka Allah, Lona owembulela iNcwadi esigqileni saKhe futhi akayenzanga yaba indida.

قَيِّمًا لِّيُنذِرَ بَأۡسٗا شَدِيدٗا مِّن لَّدُنۡهُ وَيُبَشِّرَ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ ٱلَّذِينَ يَعۡمَلُونَ ٱلصَّٰلِحَٰتِ أَنَّ لَهُمۡ أَجۡرًا حَسَنٗا ٢

2. Uyenze yaqonda, ukuze [isigqila saKhe] sixwayise ngesijeziso esinzima esivela kuYe siphinde sethule izindaba ezimnandi kulabo abakholwayo abenza izenzo ezinhle ukuthi bayothola umvuzo omuhle [iJana].

مَّٰكِثِينَ فِيهِ أَبَدٗا ٣

3. Bayohlala kuwo unaphakade.

وَيُنذِرَ ٱلَّذِينَ قَالُواْ ٱتَّخَذَ ٱللَّهُ وَلَدٗا ٤

4. Siphinde sixwayise labo abathi u Allah uziqokele ingane.

مَّا لَهُم بِهِۦ مِنۡ عِلۡمٖ وَلَا لِأٓبَآئِهِمۡۚ كَبُرَتۡ كَلِمَةٗ تَخۡرُجُ مِنۡ أَفۡوَٰهِهِمۡۚ إِن يَقُولُونَ إِلَّا كَذِبٗا ٥

5. Abanalo ulwazi ngaYe [u Allah] bona nokhokho babo. Anzima [impela] amazwi aphuma emlonyeni yabo, impela bahubha aluhlaza.

فَلَعَلَّكَ بَٰخِعٞ نَّفۡسَكَ عَلَىٰٓ ءَاثَٰرِهِمۡ إِن لَّمۡ يُؤۡمِنُواْ بِهَٰذَا ٱلۡحَدِيثِ أَسَفًا ٦

6. Hleze uyazikhandla uzikhathaza emuva kokuba bengafuni ukukholela kulamazwi [eKurani].

7. Impela senze lokhu okuphezu komhlaba kwaba umhlobiso wawo ukuze sibavivinye ukuthi ubani kubo oyokwenza izenzo ezinhle.

إِنَّا جَعَلْنَا مَا عَلَى ٱلْأَرْضِ زِينَةً لَّهَا لِنَبْلُوَهُمْ أَيُّهُمْ أَحْسَنُ عَمَلًا ﴿٧﴾

8. Futhi siyokwenza konke lokhu okungaphezu kwawo kube wumhlabathi ongamili lutho.

وَإِنَّا لَجَٰعِلُونَ مَا عَلَيْهَا صَعِيدًا جُرُزًا ﴿٨﴾

9. Ingabe ucabanga ukuthi abantu basemgedeni noqwembe yibona ababesimangaliso ezibonakalisweni zeThu na?

أَمْ حَسِبْتَ أَنَّ أَصْحَٰبَ ٱلْكَهْفِ وَٱلرَّقِيمِ كَانُوا۟ مِنْ ءَايَٰتِنَا عَجَبًا ﴿٩﴾

10. Mhla amabhungu eyokhosela emgedeni, athi: "Nkosi yethu siphe umusa ovela kuWe futhi usenzele izinto zethu zibe nobuqotho".

إِذْ أَوَى ٱلْفِتْيَةُ إِلَى ٱلْكَهْفِ فَقَالُوا۟ رَبَّنَآ ءَاتِنَا مِن لَّدُنكَ رَحْمَةً وَهَيِّئْ لَنَا مِنْ أَمْرِنَا رَشَدًا ﴿١٠﴾

11. Savala izindlebe zabo iminyaka eminingi besemgedeni.

فَضَرَبْنَا عَلَىٰٓ ءَاذَانِهِمْ فِى ٱلْكَهْفِ سِنِينَ عَدَدًا ﴿١١﴾

12. Sase siyabavusa ukuze sazi ukuthi iliphi iqembu kwambili elibale kahle isikhathi abasihlala.

ثُمَّ بَعَثْنَٰهُمْ لِنَعْلَمَ أَىُّ ٱلْحِزْبَيْنِ أَحْصَىٰ لِمَا لَبِثُوٓا۟ أَمَدًا ﴿١٢﴾

13. Thina sikulandisela indaba yabo ngeqiniso. Nebala babengamabhungu ayekholelwa eNkosini yabo futhi sabandisela ukukhanya.

نَّحْنُ نَقُصُّ عَلَيْكَ نَبَأَهُم بِٱلْحَقِّ ۚ إِنَّهُمْ فِتْيَةٌ ءَامَنُوا۟ بِرَبِّهِمْ وَزِدْنَٰهُمْ هُدًى ﴿١٣﴾

14. Saqinisa izinhliziyo zabo mhla bema bathi: "iNkosi yethu, iNkosi yamazulu nomhlaba, asisoze sakhonza nasinye isikhonzwa ngaphandle kwaYo; phela siyobe sesikhulume iphuta impela.

وَرَبَطْنَا عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ إِذْ قَامُوا۟ فَقَالُوا۟ رَبُّنَا رَبُّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ لَن نَّدْعُوَا۟ مِن دُونِهِۦٓ إِلَٰهًا ۖ لَّقَدْ قُلْنَآ إِذًا شَطَطًا ﴿١٤﴾

15. Abantu bakithi laba, baziqokele izikhonzwa ngaphandle kwaYo [iNkosi yethu]; mabalethe phela ubufakazi obusobala obuzifakazelayo [lezikhonzwa]. Kumbe ukhona ophambuke kunalowo oqambela u Allah amanga na?

هَـٰٓؤُلَآءِ قَوۡمُنَا ٱتَّخَذُواْ مِن دُونِهِۦٓ ءَالِهَةً ۖ لَّوۡلَا يَأۡتُونَ عَلَيۡهِم بِسُلۡطَٰنِۭ بَيِّنٍ ۖ فَمَنۡ أَظۡلَمُ مِمَّنِ ٱفۡتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبٗا ١٥

16. Lapho niziqhelelanisa nabo kanye nalokho abakukhonzayo ngaphandle kuka Allah, hambani niyokhosela emgedeni; iNkosi yenu iyonipha emseni waYo iphinde inilungisele lokho eningaphila ngakho.

وَإِذِ ٱعۡتَزَلۡتُمُوهُمۡ وَمَا يَعۡبُدُونَ إِلَّا ٱللَّهَ فَأۡوُۥٓاْ إِلَى ٱلۡكَهۡفِ يَنشُرۡ لَكُمۡ رَبُّكُم مِّن رَّحۡمَتِهِۦ وَيُهَيِّئۡ لَكُم مِّنۡ أَمۡرِكُم مِّرۡفَقٗا ١٦

17. Ububona ngelanga lapho liphuma likekela liya ngakwesokudla lomgede wabo nalapho liyoshona libashiya ngakwesobunxele kulapho babesendaweni evulekile kuwo [umgede]. Lokho ezinye zezibonakaliso zika Allah. Lowo u Allah amholayo, usendleleni eqondile kepha lowo amdukisile awusoze wamtholela umhlengi oyomkhalima.

* وَتَرَى ٱلشَّمۡسَ إِذَا طَلَعَت تَّزَٰوَرُ عَن كَهۡفِهِمۡ ذَاتَ ٱلۡيَمِينِ وَإِذَا غَرَبَت تَّقۡرِضُهُمۡ ذَاتَ ٱلشِّمَالِ وَهُمۡ فِي فَجۡوَةٖ مِّنۡهُۚ ذَٰلِكَ مِنۡ ءَايَٰتِ ٱللَّهِۗ مَن يَهۡدِ ٱللَّهُ فَهُوَ ٱلۡمُهۡتَدِۖ وَمَن يُضۡلِلۡ فَلَن تَجِدَ لَهُۥ وَلِيّٗا مُّرۡشِدٗا ١٧

18. Ubuzocabanga ukuthi babhekile [abalele] kulapho bebelele. Futhi sasibaphendulela ngakwesokudla nangakwesobunxele, kanti nenja yabo yayindlale imilenze yayo yangaphambili emnyango. Uma ubungababona ubuyobalekela udle phansi ngejubane ugcwele ukubesaba.

وَتَحۡسَبُهُمۡ أَيۡقَاظٗا وَهُمۡ رُقُودٞۚ وَنُقَلِّبُهُمۡ ذَاتَ ٱلۡيَمِينِ وَذَاتَ ٱلشِّمَالِۖ وَكَلۡبُهُم بَٰسِطٞ ذِرَاعَيۡهِ بِٱلۡوَصِيدِۚ لَوِ ٱطَّلَعۡتَ عَلَيۡهِمۡ لَوَلَّيۡتَ مِنۡهُمۡ فِرَارٗا وَلَمُلِئۡتَ مِنۡهُمۡ رُعۡبٗا ١٨

وَكَذَٰلِكَ بَعَثْنَٰهُمْ لِيَتَسَآءَلُوا۟ بَيْنَهُمْ ۚ قَالَ قَآئِلٌ مِّنْهُمْ كَمْ لَبِثْتُمْ ۖ قَالُوا۟ لَبِثْنَا يَوْمًا أَوْ بَعْضَ يَوْمٍ ۚ قَالُوا۟ رَبُّكُمْ أَعْلَمُ بِمَا لَبِثْتُمْ فَٱبْعَثُوٓا۟ أَحَدَكُم بِوَرِقِكُمْ هَٰذِهِۦٓ إِلَى ٱلْمَدِينَةِ فَلْيَنظُرْ أَيُّهَآ أَزْكَىٰ طَعَامًا فَلْيَأْتِكُم بِرِزْقٍ مِّنْهُ وَلْيَتَلَطَّفْ وَلَا يُشْعِرَنَّ بِكُمْ أَحَدًا ﴿١٩﴾

19. Sabeke sesibavusa ukuze babuzane bodwa. Wathi omunye wabo: "Nihlale isikhathi esingakanani na?". Bathi: "Sihlale usuku noma ingxenye yosuku". Bathi: "iNkosi yenu iYona eyazi kahle ngesikhathi enisihlalile, ngakhoke thumelani omunye wenu ngalemali yenu aye edolobhini asibhekele ukuthi ikuphi ukudla okumsulwa bese enilethela eningakudla kukho, abe nesineke [nomthengisi] angatsheli muntu noyedwa ngani".

إِنَّهُمْ إِن يَظْهَرُوا۟ عَلَيْكُمْ يَرْجُمُوكُمْ أَوْ يُعِيدُوكُمْ فِى مِلَّتِهِمْ وَلَن تُفْلِحُوٓا۟ إِذًا أَبَدًا ﴿٢٠﴾

20. Ngokuba uma benganibona bayonikhanda ngamatshe noma banibuyisele enkolweni yabo bese ningaphinde niphumelele unaphakade.

وَكَذَٰلِكَ أَعْثَرْنَا عَلَيْهِمْ لِيَعْلَمُوٓا۟ أَنَّ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقٌّ وَأَنَّ ٱلسَّاعَةَ لَا رَيْبَ فِيهَآ إِذْ يَتَنَٰزَعُونَ بَيْنَهُمْ أَمْرَهُمْ ۖ فَقَالُوا۟ ٱبْنُوا۟ عَلَيْهِم بُنْيَٰنًا ۖ رَّبُّهُمْ أَعْلَمُ بِهِمْ ۚ قَالَ ٱلَّذِينَ غَلَبُوا۟ عَلَىٰٓ أَمْرِهِمْ لَنَتَّخِذَنَّ عَلَيْهِم مَّسْجِدًا ﴿٢١﴾

21. Kanjalo sabenza batholakala ukuze [abantu] bazi ukuthi isithembiso sika Allah siyiqiniso nokuthi iSikhathi [sokwahlulela] akunakungabaza ngaso. Mhla bephikisana ngendaba yabo, bathi: "Yakhani isakhiwo phezu kwabo [emgedeni], iNkosi eyazi kahle ngabo". Bathi labo ababenamandla okunquma odabeni lwabo: "Sizokwakha iMasijidi pheze kwabo".

سَيَقُولُونَ ثَلَٰثَةٌ رَّابِعُهُمْ كَلْبُهُمْ وَيَقُولُونَ خَمْسَةٌ سَادِسُهُمْ كَلْبُهُمْ رَجْمًۢا بِٱلْغَيْبِ ۖ

22. Bayothi: "Bebethathu bebane ngenja yabo". Abanye bayothi: "Babehlanu beyisithuba ngenja

yabo", beqagela. Abanye bayothi : "Babeyisikhombisa beyishagalombili ngenja yabo". Yithi: "iNKosi yami iyazi kahle ngenani labo, futhi akekho abalaziyo ngaphandle nje kwedlanzana". Ngakhoke ungalokhu uphikisana ngabo ngaphandle uma kokuphikisana okusobala futhi ungabuzi muntu ngabo [abomgede] kubo [abeMibhalo].

وَيَقُولُونَ سَبْعَةٌ وَثَامِنُهُمْ كَلْبُهُمْ ۚ قُل رَّبِّيٓ أَعْلَمُ بِعِدَّتِهِم مَّا يَعْلَمُهُمْ إِلَّا قَلِيلٌ ۬ فَلَا تُمَارِ فِيهِمْ إِلَّا مِرَآءً ظَٰهِرًا وَلَا تَسْتَفْتِ فِيهِم مِّنْهُمْ أَحَدًا ﴿٢٢﴾

23. Futhi ungabothi ngento: "Nebala ngizoyenza kusasa".

وَلَا تَقُولَنَّ لِشَاْىْءٍ إِنِّي فَاعِلٌ ذَٰلِكَ غَدًا ﴿٢٣﴾

24. Ngaphandle kokuthi: "Uma u Allah evuma". Futhi ukhumbule iNkosi yakho uma ukhohlwa, bese uthi: "Hleze iNkosi yami ingiholele kokucacile kunalokhu ngokuhola".

إِلَّآ أَن يَشَآءَ ٱللَّهُ ۚ وَٱذْكُر رَّبَّكَ إِذَا نَسِيتَ وَقُلْ عَسَىٰٓ أَن يَهْدِيَنِ رَبِّي لِأَقْرَبَ مِنْ هَٰذَا رَشَدًا ﴿٢٤﴾

25. Bahlala emgedeni wabo iminyaka engamakhulu amathathu base bengeza neyisishagalolunye.

وَلَبِثُوا۟ فِى كَهْفِهِمْ ثَلَٰثَ مِاْئَةٍ سِنِينَ وَٱزْدَادُوا۟ تِسْعًا ﴿٢٥﴾

26. Yithi: "U Allah wazi kahle ngesikhathi abasihlala, phela okungabonwayo emazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe. Yeka ukubona kwaKhe nokuzwa kwaKhe [okungenamhawulo]. Futhi abanaye omunye uMhlengi ngaphandle kwaKhe kanjalo akanaye noyedwa umlingani ekunqumeni kwaKhe".

قُلِ ٱللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا لَبِثُوا۟ ۖ لَهُۥ غَيْبُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ أَبْصِرْ بِهِۦ وَأَسْمِعْ ۚ مَا لَهُم مِّن دُونِهِۦ مِن وَلِيٍّ وَلَا يُشْرِكُ فِى حُكْمِهِۦٓ أَحَدًا ﴿٢٦﴾

27. Balandisele lokho okwembulelwe kuwe [Muhamadi] eNcwadni yeNkosi yakho. Akekho ongaguqula Amazwi aKhe futhi awuso wathola esinye isiphephelo ngaphandle kwaKe.

وَٱتْلُ مَآ أُوحِيَ إِلَيْكَ مِن كِتَابِ رَبِّكَ ۖ لَا مُبَدِّلَ لِكَلِمَٰتِهِۦ وَلَن تَجِدَ مِن دُونِهِۦ مُلْتَحَدًا ﴿٢٧﴾

28. Zibandakanye nalabo abakhuleka eNkosini yabo ekuseni nakusihlwa belangezelele Ubuso baYo. Ungabuki abanye ngaphandle kwabo ngokulangazelela ubukhazikhazi bempilo yasemhlabeni. Futhi ungamlaleli lowo esenze inhliziyo yakhe yangaba nendaba nokusikhumbula waphinde walandela izinkanuko zakhe futhi indaba yakhe kwaba ukuduka nje.

وَٱصْبِرْ نَفْسَكَ مَعَ ٱلَّذِينَ يَدْعُونَ رَبَّهُم بِٱلْغَدَوٰةِ وَٱلْعَشِيِّ يُرِيدُونَ وَجْهَهُۥ ۖ وَلَا تَعْدُ عَيْنَاكَ عَنْهُمْ تُرِيدُ زِينَةَ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۖ وَلَا تُطِعْ مَنْ أَغْفَلْنَا قَلْبَهُۥ عَن ذِكْرِنَا وَٱتَّبَعَ هَوَىٰهُ وَكَانَ أَمْرُهُۥ فُرُطًا ﴿٢٨﴾

29. Yithi: "Iqiniso livela eNkosini yenu; ngakhoke othandawo makakholwe futhi othandayo angakholwa". Impela abaphambukile sibalungiselele uMlilo abayohaqwa imithangala yawo. Uma becela amanzi, bayonikwa amanzi afana namafutha abilayo ashisa ubuso. Saze sasibi isiphuzo futhi yaze yayimbi indawo yokuhlala.

وَقُلِ ٱلْحَقُّ مِن رَّبِّكُمْ ۖ فَمَن شَآءَ فَلْيُؤْمِن وَمَن شَآءَ فَلْيَكْفُرْ ۚ إِنَّآ أَعْتَدْنَا لِلظَّٰلِمِينَ نَارًا أَحَاطَ بِهِمْ سُرَادِقُهَا ۚ وَإِن يَسْتَغِيثُوا۟ يُغَاثُوا۟ بِمَآءٍ كَٱلْمُهْلِ يَشْوِى ٱلْوُجُوهَ ۚ بِئْسَ ٱلشَّرَابُ وَسَآءَتْ مُرْتَفَقًا ﴿٢٩﴾

30. Nebala labo abakholwayo futhi benze nokuhle, impela Thina asiwuchithi umvuzo walowo owenza izenzo ezinhle.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ إِنَّا لَا نُضِيعُ أَجْرَ مَنْ أَحْسَنَ عَمَلًا ﴿٣٠﴾

أُوْلَٰٓئِكَ لَهُمْ جَنَّٰتُ عَدْنٍ تَجْرِى مِن
تَحْتِهِمُ ٱلْأَنْهَٰرُ يُحَلَّوْنَ فِيهَا مِنْ أَسَاوِرَ
مِن ذَهَبٍ وَيَلْبَسُونَ ثِيَابًا خُضْرًا
مِّن سُندُسٍ وَإِسْتَبْرَقٍ مُّتَّكِـِٔينَ فِيهَا
عَلَى ٱلْأَرَآئِكِ ۚ نِعْمَ ٱلثَّوَابُ وَحَسُنَتْ
مُرْتَفَقًا ﴿٣١﴾

31. Labo bayothola izivande zaphakade okugeleza ezansi kwazo imifula, bayohlotshiswa kuzo ngamabhengela egolide baphinde bembathe izembatho eziluhlaza zesiliki ecolisekile nengugqinsi. Kuzo bayohlala baqhiyame emibhedeni. Waze wamuhle umvuzo futhi yaze yayinhle indawo yokuhlala.

* وَٱضْرِبْ لَهُم مَّثَلًا رَّجُلَيْنِ جَعَلْنَا
لِأَحَدِهِمَا جَنَّتَيْنِ مِنْ أَعْنَٰبٍ
وَحَفَفْنَٰهُمَا بِنَخْلٍ وَجَعَلْنَا بَيْنَهُمَا
زَرْعًا ﴿٣٢﴾

32. Benzele umzekelo wamadoda amabili, enye yawo, sayinika izivande ezimbili zomvini sazizungeza ngamasundu kwathi phakathi kwazo zombili zafaka ezinye izitshalo.

كِلْتَا ٱلْجَنَّتَيْنِ ءَاتَتْ أُكُلَهَا وَلَمْ تَظْلِم
مِّنْهُ شَيْـًٔا ۙ وَفَجَّرْنَا خِلَٰلَهُمَا نَهَرًا ﴿٣٣﴾

33. Zombili lezivande zazithela izithelo zazo zingagodli lutho sanhlobo. Sagelezisa umfula phakathi kwazo zombili.

وَكَانَ لَهُۥ ثَمَرٌ فَقَالَ لِصَٰحِبِهِۦ وَهُوَ
يُحَاوِرُهُۥٓ أَنَا۠ أَكْثَرُ مِنكَ مَالًا وَأَعَزُّ
نَفَرًا ﴿٣٤﴾

34. Futhi wanezinye izithelo, wabe esethi kuzakwabo ekhuluma ebhekise kuye: "Mina nginomcebo nezingane eziningi kunawe".

وَدَخَلَ جَنَّتَهُۥ وَهُوَ ظَالِمٌ لِّنَفْسِهِۦ قَالَ
مَآ أَظُنُّ أَن تَبِيدَ هَٰذِهِۦٓ أَبَدًا ﴿٣٥﴾

35. Wangena esivandeni sakhe kulapho esephambukile wathi: "Angicabangi ukuthi lokhu kuyoke kubhubha impela".

وَمَآ أَظُنُّ ٱلسَّاعَةَ قَآئِمَةً وَلَئِن رُّدِدتُّ
إِلَىٰ رَبِّى لَأَجِدَنَّ خَيْرًا مِّنْهَا مُنقَلَبًا ﴿٣٦﴾

36. Futhi angicabangi ukuthi iSikhathi [sokwahlulelwa] siyoke sifike. Kantike uma ngizobuyela eNkosini yami ngiyothola okungcono esikhundleni sakho.

قَالَ لَهُۥ صَاحِبُهُۥ وَهُوَ يُحَاوِرُهُۥٓ أَكَفَرْتَ بِٱلَّذِى خَلَقَكَ مِن تُرَابٍ ثُمَّ مِن نُّطْفَةٍ ثُمَّ سَوَّىٰكَ رَجُلًا ﴿٣٧﴾

37. Uzakwabo wathi, naye ekhuluma ebhekise kuye: "Ingabe awukholelwa kulowo owakudala ngomhlabathi kanjalo nangesidoda wabe esekwenza indoda na?"

لَّٰكِنَّا۠ هُوَ ٱللَّهُ رَبِّى وَلَآ أُشْرِكُ بِرَبِّىٓ أَحَدًا ﴿٣٨﴾

38. Kepha Yena ungu Allah iNkosi yami futhi angibhangqi lutho neNkosi yami.

وَلَوْلَآ إِذْ دَخَلْتَ جَنَّتَكَ قُلْتَ مَا شَآءَ ٱللَّهُ لَا قُوَّةَ إِلَّا بِٱللَّهِ ۚ إِن تَرَنِ أَنَا۠ أَقَلَّ مِنكَ مَالًا وَوَلَدًا ﴿٣٩﴾

39. Ngabe uthe uma ungena esivandeni sakho wathi: "Kwenzela ngentando ka Allah, awekho amandla okwenza okuhle ngaphandle kuka Allah", nakuba ungibona mina nginomcebo nezingane ezincane kunawe.

فَعَسَىٰ رَبِّىٓ أَن يُؤْتِيَنِ خَيْرًا مِّن جَنَّتِكَ وَيُرْسِلَ عَلَيْهَا حُسْبَانًا مِّنَ ٱلسَّمَآءِ فَتُصْبِحَ صَعِيدًا زَلَقًا ﴿٤٠﴾

40. Mhlawumbe kungekudala iNkosiyami iyongipha okungcono kunesivande sakho aphinde asithumele ngesijeziso esivela ezulwini, siphenduke inhlabathi eshelelayo.

أَوْ يُصْبِحَ مَآؤُهَا غَوْرًا فَلَن تَسْتَطِيعَ لَهُۥ طَلَبًا ﴿٤١﴾

41. Noma amanzi aso azike ungasakwazi ukuwathola.

وَأُحِيطَ بِثَمَرِهِۦ فَأَصْبَحَ يُقَلِّبُ كَفَّيْهِ عَلَىٰ مَآ أَنفَقَ فِيهَا وَهِىَ خَاوِيَةٌ عَلَىٰ عُرُوشِهَا وَيَقُولُ يَٰلَيْتَنِى لَمْ أُشْرِكْ بِرَبِّىٓ أَحَدًا ﴿٤٢﴾

42. Izithelo zakhe zahaqwa [isijeziso esashaqa konke]. Wachaya izandla ebalisa ngakho akuchitha kuso [isivande], kulapho sona siwe phansi nemipheme yaso. Wathi: "Hawu, ngifisa ukuba angizange ngibhangqe lutho neNkosi yami".

43. Futhi kwakungekho qembu ebelingamsiza ngaphandle kuka Allah, kwayena akakwazanga ukuzisiza.

وَلَمْ تَكُن لَّهُۥ فِئَةٌ يَنصُرُونَهُۥ مِن دُونِ ٱللَّهِ وَمَا كَانَ مُنتَصِرًا ﴿٤٣﴾

44. Kulaphoke ukulawula kuka Allah Oyiqiniso. NguYena onomuvuzo ongcono nonesiphetho esingcono [kwabakholelwa kuYe].

هُنَالِكَ ٱلْوَلَٰيَةُ لِلَّهِ ٱلْحَقِّ ۚ هُوَ خَيْرٌ ثَوَابًا وَخَيْرٌ عُقْبًا ﴿٤٤﴾

45. Futhi benzele umzekelo wempilo yasemhlabeni, njengamanzi emvula esiwehlisayo bese ehlangana nezitshalo zomhlaba [zibe luhlaza]. Ziyobe seziyoma zipheshulwa imimoya. U Allah akehlulwa yilutho.

وَٱضْرِبْ لَهُم مَّثَلَ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا كَمَآءٍ أَنزَلْنَٰهُ مِنَ ٱلسَّمَآءِ فَٱخْتَلَطَ بِهِۦ نَبَاتُ ٱلْأَرْضِ فَأَصْبَحَ هَشِيمًا تَذْرُوهُ ٱلرِّيَٰحُ ۗ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ مُّقْتَدِرًا ﴿٤٥﴾

46. Umcebo nezingane ziwubukhazikhazi bempilo yasemhlabeni. Kanti ke izenzo ezinhle yizona ezinomvuzo ongcono eNkosini yakho nesifiso esingcono.

ٱلْمَالُ وَٱلْبَنُونَ زِينَةُ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۖ وَٱلْبَٰقِيَٰتُ ٱلصَّٰلِحَٰتُ خَيْرٌ عِندَ رَبِّكَ ثَوَابًا وَخَيْرٌ أَمَلًا ﴿٤٦﴾

47. Ngosuku lapho siyosiphula khona izintaba uyobona umhlaba unqunu [ungesitshalo ungenasakhiwo] futhi siyobabuthanisa bonke ngothi lwabo akukho noyedwa esiyomshiya.

وَيَوْمَ نُسَيِّرُ ٱلْجِبَالَ وَتَرَى ٱلْأَرْضَ بَارِزَةً وَحَشَرْنَٰهُمْ فَلَمْ نُغَادِرْ مِنْهُمْ أَحَدًا ﴿٤٧﴾

48. Bayoma phambi kweNkosi yakho imigqa ngemigqa. [Bese yithi]: "Nize kithi njengoba sanidala okokuqala. Empeleni bekade niqhakambisa ukuthi asisoze sanibekela isikhathi sokuhlangana.

وَعُرِضُوا۟ عَلَىٰ رَبِّكَ صَفًّا لَّقَدْ جِئْتُمُونَا كَمَا خَلَقْنَٰكُمْ أَوَّلَ مَرَّةٍۭ ۚ بَلْ زَعَمْتُمْ أَلَّن نَّجْعَلَ لَكُم مَّوْعِدًا ﴿٤٨﴾

49. Iyobe isiyabekwa incwadi [isiqhophi sezenzo]. Uyobona ngezigilamkhuba sezigcwele itwetwe ngekuqukethe bese bathi: "Kwaze kwaphela ngathi, yini indaba ngalencwadi ayishiyi lutho okuncane nokukhulu ikuqukethe konke". Bayothola konke abakwenzile kukhona futhi iNkosi yakho ayikaze yenze okungebulungiswa nakoyedwa nje.

وَوُضِعَ ٱلْكِتَٰبُ فَتَرَى ٱلْمُجْرِمِينَ مُشْفِقِينَ مِمَّا فِيهِ وَيَقُولُونَ يَٰوَيْلَتَنَا مَالِ هَٰذَا ٱلْكِتَٰبِ لَا يُغَادِرُ صَغِيرَةً وَلَا كَبِيرَةً إِلَّآ أَحْصَىٰهَا ۚ وَوَجَدُوا۟ مَا عَمِلُوا۟ حَاضِرًا ۗ وَلَا يَظْلِمُ رَبُّكَ أَحَدًا ﴿٤٩﴾

50. Futhi khumbula mhla sithi kuzingelosi: "Khothamelani u Adamu niwe ngobuso". Zakhothama zawa ngobuso ngaphandle kuka Ibhilisi owabe eyijini owaqoma ukungawuthobeli umyalelo weNkosi yakhe. Ingabe nenza yena kanye nabalandeli bakhe abahlengi ngaphandle kwaMi kulapho bona beyizitha kini na? Kwaze kwakubi lokho abaphambukile abakuqokile.

وَإِذْ قُلْنَا لِلْمَلَٰٓئِكَةِ ٱسْجُدُوا۟ لِءَادَمَ فَسَجَدُوٓا۟ إِلَّآ إِبْلِيسَ كَانَ مِنَ ٱلْجِنِّ فَفَسَقَ عَنْ أَمْرِ رَبِّهِۦٓ ۗ أَفَتَتَّخِذُونَهُۥ وَذُرِّيَّتَهُۥٓ أَوْلِيَآءَ مِن دُونِى وَهُمْ لَكُمْ عَدُوٌۢ ۚ بِئْسَ لِلظَّٰلِمِينَ بَدَلًا ﴿٥٠﴾

51. Angizange ngibabonise ukudalwa kwamazulu nomhlaba nokudalwa kwabo uqobo [babengekho] futhi angisoze ngaqoka abadukisi ukuba babe ngabalekeleli.

* مَّآ أَشْهَدتُّهُمْ خَلْقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَلَا خَلْقَ أَنفُسِهِمْ وَمَا كُنتُ مُتَّخِذَ ٱلْمُضِلِّينَ عَضُدًا ﴿٥١﴾

52. Futhi balandise ngoSuku lapho eyothi [u Allah]: "Bizanike abalingani baMi laba phela ebenibaqhakambisa". Bayobe sebeyababiza kepha

وَيَوْمَ يَقُولُ نَادُوا۟ شُرَكَآءِىَ ٱلَّذِينَ زَعَمْتُمْ فَدَعَوْهُمْ فَلَمْ يَسْتَجِيبُوا۟ لَهُمْ وَجَعَلْنَا بَيْنَهُم مَّوْبِقًا ﴿٥٢﴾

bangabaphenduli futhi sifaka phakathi kwabo [eJahanamu] indawo yembubhiso.

53. Izigilamkhuba ziyobona uMlilo; ziqiniseke ukuthi ziyongena kuwo futhi akukho la abangawubalekela khona.

وَرَءَا ٱلْمُجْرِمُونَ ٱلنَّارَ فَظَنُّوٓاْ أَنَّهُم مُّوَاقِعُوهَا وَلَمْ يَجِدُواْ عَنْهَا مَصْرِفًا ﴿٥٣﴾

54. Impela sibacacisele abantu kule Kurani ngayo yonke imizekelo. Kepha umuntu uthanda ukuqophisana ukudla zonke izinto [ezidaliwe].

وَلَقَدْ صَرَّفْنَا فِى هَٰذَا ٱلْقُرْءَانِ لِلنَّاسِ مِن كُلِّ مَثَلٍ ۚ وَكَانَ ٱلْإِنسَٰنُ أَكْثَرَ شَىْءٍ جَدَلًا ﴿٥٤﴾

55. Ayikho into evimba abantu ukuba bakholwe lapho kufika kubo ukukhanya nokuthi bacele intethelelo eNkosini yabo ngaphandle kokuthi behlelwe okwehlela abasendulo noma behlelwe isijeziso bekhekile.

وَمَا مَنَعَ ٱلنَّاسَ أَن يُؤْمِنُوٓاْ إِذْ جَآءَهُمُ ٱلْهُدَىٰ وَيَسْتَغْفِرُواْ رَبَّهُمْ إِلَّآ أَن تَأْتِيَهُمْ سُنَّةُ ٱلْأَوَّلِينَ أَوْ يَأْتِيَهُمُ ٱلْعَذَابُ قُبُلًا ﴿٥٥﴾

56. Futhi sithumela iZithunywa ukuba zibe abethuli bezindaba ezinhle nabexwayisi nje kuphela. Labo abangakholwa baphikisa besebenzisa umbhedo bezama ukushabalalisa ngawo iqiniso. Belu bathatha izibonakaliso zeThu nalokho abaxwayise ngakho njengehlaya.

وَمَا نُرْسِلُ ٱلْمُرْسَلِينَ إِلَّا مُبَشِّرِينَ وَمُنذِرِينَ ۚ وَيُجَٰدِلُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ بِٱلْبَٰطِلِ لِيُدْحِضُواْ بِهِ ٱلْحَقَّ ۖ وَٱتَّخَذُوٓاْ ءَايَٰتِى وَمَآ أُنذِرُواْ هُزُوًا ﴿٥٦﴾

57. Ngubani ophambuke ukudla lowo owelulekwa ngemibiko yeNkosi yakhe kepha yena ayishaye indiva, akhohlwe nayimisebenzi yezandla zakhe. Impela sifake isisithezo ezinhlizweni ekutheni bayiqonde

وَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّن ذُكِّرَ بِـَٔايَٰتِ رَبِّهِۦ فَأَعْرَضَ عَنْهَا وَنَسِىَ مَا قَدَّمَتْ يَدَاهُ ۚ إِنَّا جَعَلْنَا عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ أَكِنَّةً أَن يَفْقَهُوهُ وَفِىٓ ءَاذَانِهِمْ وَقْرًا ۖ وَإِن تَدْعُهُمْ إِلَى ٱلْهُدَىٰ فَلَن يَهْتَدُوٓاْ إِذًا أَبَدًا ﴿٥٧﴾

[iKurani], nasezindlebeni zabo bayizimumu. Noma ungababizela endleleni eqondile abasoze bayilandela nhlobo.

58. Futhi iNkosi yakho Ingumthetheleli Onesihawu, ukube nje ubenganijezisa ngakho konke enikwenzayo, impela beyoshesha anijezise. Kepha [abaphambukile] banesikhathi ababekelwe sona abasoze baphunyuka kuso.

وَرَبُّكَ ٱلْغَفُورُ ذُو ٱلرَّحْمَةِ ۖ لَوْ يُؤَاخِذُهُم بِمَا كَسَبُوا۟ لَعَجَّلَ لَهُمُ ٱلْعَذَابَ ۚ بَل لَّهُم مَّوْعِدٌ لَّن يَجِدُوا۟ مِن دُونِهِۦ مَوْئِلًا ﴿٥٨﴾

59. Lezo imizi [izindawo], abantu bakhona sababhubhisa lapho benza ukuphambuka futhi sabeka isikhathi sokubabhubhisa.

وَتِلْكَ ٱلْقُرَىٰٓ أَهْلَكْنَٰهُمْ لَمَّا ظَلَمُوا۟ وَجَعَلْنَا لِمَهْلِكِهِم مَّوْعِدًا ﴿٥٩﴾

60. Futhi khumbula mhla uMusa ethi kunceku yakhe: "Angeke ngiphumule kuze kube ngifika lapho kuhlangana khona izilwandle ezimbili noma ngihambe ibanga elide".

وَإِذْ قَالَ مُوسَىٰ لِفَتَىٰهُ لَآ أَبْرَحُ حَتَّىٰٓ أَبْلُغَ مَجْمَعَ ٱلْبَحْرَيْنِ أَوْ أَمْضِىَ حُقُبًا ﴿٦٠﴾

61. Kuthe lapho bobabili befika lapho kuhlangana khona izilwandle ezimbili bakhohlwa inhlanzi yabo, yona eyavele yangena olwandle kwaqhekeka indlela yayo.

فَلَمَّا بَلَغَا مَجْمَعَ بَيْنِهِمَا نَسِيَا حُوتَهُمَا فَٱتَّخَذَ سَبِيلَهُۥ فِى ٱلْبَحْرِ سَرَبًا ﴿٦١﴾

62. Kuthe sebendlulile [kuleyondawo] wathi [uMusa] kunceku yakhe: [Ake usiphe idlamini [isidlo sasemini] yethu, impela uhambo lwethu lolu lusikhathazile".

فَلَمَّا جَاوَزَا قَالَ لِفَتَىٰهُ ءَاتِنَا غَدَآءَنَا لَقَدْ لَقِينَا مِن سَفَرِنَا هَٰذَا نَصَبًا ﴿٦٢﴾

63. Yathi: "Uyakhumbula ngenkathi siphula edwaleni, ngikhohliwe ukukwazisa ngenhlanzi futhi nguShayitani kuphela ongenze ngiyikhohlwe ukuyibalula. Ingene olwandle kwavuleka indlela yayo ngesimanga.

قَالَ أَرَءَيْتَ إِذْ أَوَيْنَآ إِلَى ٱلصَّخْرَةِ فَإِنِّى نَسِيتُ ٱلْحُوتَ وَمَآ أَنسَىٰنِيهُ إِلَّا ٱلشَّيْطَٰنُ أَنْ أَذْكُرَهُۥ ۚ وَٱتَّخَذَ سَبِيلَهُۥ فِى ٱلْبَحْرِ عَجَبًا ﴿٦٣﴾

64. Wathi: "Yilokho ebesikufuna". Babuyela emuva lapho abahambe khona.

قَالَ ذَٰلِكَ مَا كُنَّا نَبْغِ ۚ فَٱرْتَدَّا عَلَىٰٓ ءَاثَارِهِمَا قَصَصًا ﴿٦٤﴾

65. Bazithela phezu kwesigqila sezinye izigqila zeThu esasinika umusa ovela kithi saphinde sasifundisa ulwazi luvela kithi.

فَوَجَدَا عَبْدًا مِّنْ عِبَادِنَآ ءَاتَيْنَٰهُ رَحْمَةً مِّنْ عِندِنَا وَعَلَّمْنَٰهُ مِن لَّدُنَّا عِلْمًا ﴿٦٥﴾

66. Wathi uMusa: "Ngingahamba nawe yini ukuze ungifundise okunye kwalokho ofundiswe kona okuholela eqinisweni na?"

قَالَ لَهُۥ مُوسَىٰ هَلْ أَتَّبِعُكَ عَلَىٰٓ أَن تُعَلِّمَنِ مِمَّا عُلِّمْتَ رُشْدًا ﴿٦٦﴾

67. Sathi [isigqila sika Allah]: "Impela angeke wena ukhone ukungibekezelela".

قَالَ إِنَّكَ لَن تَسْتَطِيعَ مَعِىَ صَبْرًا ﴿٦٧﴾

68. Belu ungakubekezelela kanjani lokho ongenalwazi lwakho na?

وَكَيْفَ تَصْبِرُ عَلَىٰ مَا لَمْ تُحِطْ بِهِۦ خُبْرًا ﴿٦٨﴾

69. Wathi [uMusa]: "Uzongifumanisa - ngemvumo ka Allah – ngingobekezelayo futhi angeke ngephule umyalelo wakho".

قَالَ سَتَجِدُنِىٓ إِن شَآءَ ٱللَّهُ صَابِرًا وَلَآ أَعْصِى لَكَ أَمْرًا ﴿٦٩﴾

70. Sathi [isigqila sika Allah]: "Uma uzohamba nami, ungangibuzi ngalutho kuze kube yimi engiphawulayo ngakho".

قَالَ فَإِنِ ٱتَّبَعْتَنِى فَلَا تَسْـَٔلْنِى عَن شَىْءٍ حَتَّىٰٓ أُحْدِثَ لَكَ مِنْهُ ذِكْرًا ﴿٧٠﴾

فَٱنطَلَقَا حَتَّىٰٓ إِذَا رَكِبَا فِى ٱلسَّفِينَةِ خَرَقَهَا ۖ قَالَ أَخَرَقْتَهَا لِتُغْرِقَ أَهْلَهَا لَقَدْ جِئْتَ شَيْـًٔا إِمْرًا ﴿٧١﴾

71. Bahambake bobabili baze bayogibela emkhunjini, sawubhoboza. Wathi [uMusa]: "Uyawubhoboza ukuze ucwilise abakuwo na? Impela wenze into embi".

قَالَ أَلَمْ أَقُلْ إِنَّكَ لَن تَسْتَطِيعَ مَعِىَ صَبْرًا ﴿٧٢﴾

72. Sathi: "Angishongo yini ukuthi impela angeke wena ukhone ukungibekezelela".

قَالَ لَا تُؤَاخِذْنِى بِمَا نَسِيتُ وَلَا تُرْهِقْنِى مِنْ أَمْرِى عُسْرًا ﴿٧٣﴾

73. Wathi: "Ungangijezisi ngosebengikukhohliwe futhi ungangenzeli izinto zami zibe nzima".

فَٱنطَلَقَا حَتَّىٰٓ إِذَا لَقِيَا غُلَٰمًا فَقَتَلَهُۥ قَالَ أَقَتَلْتَ نَفْسًا زَكِيَّةًۢ بِغَيْرِ نَفْسٍ لَّقَدْ جِئْتَ شَيْـًٔا نُّكْرًا ﴿٧٤﴾

74. Bahambake bobabili baze bahlangana nomfana, sambulala. Wathi [uMusa]: "Ubulala umphefumulo omsulwa ongabulalanga muntu? Impela wenze into eshaqisayo.

* قَالَ أَلَمْ أَقُل لَّكَ إِنَّكَ لَن تَسْتَطِيعَ مَعِىَ صَبْرًا ﴿٧٥﴾

75. Sathi: " Angishongo yini kuwe ukuthi impela angeke wena ukhone ukungibekezelela".

قَالَ إِن سَأَلْتُكَ عَن شَىْءٍۭ بَعْدَهَا فَلَا تُصَٰحِبْنِى ۖ قَدْ بَلَغْتَ مِن لَّدُنِّى عُذْرًا ﴿٧٦﴾

76. Wathi: "Uma ngiphinde ngakubuza noma yini emuva kwalokhu ungabe usahamba nami, impela sekuphele wona amazaba lapha kimi".

فَٱنطَلَقَا حَتَّىٰٓ إِذَآ أَتَيَآ أَهْلَ قَرْيَةٍ ٱسْتَطْعَمَآ أَهْلَهَا فَأَبَوْا۟ أَن يُضَيِّفُوهُمَا فَوَجَدَا فِيهَا جِدَارًا يُرِيدُ أَن يَنقَضَّ فَأَقَامَهُۥ ۖ قَالَ لَوْ شِئْتَ لَتَّخَذْتَ عَلَيْهِ أَجْرًا ﴿٧٧﴾

77. Baqhubeka bahamba bobabili baze bazithela phezu komuzi. Base becela ukudla kubantu bakhona kepha benqaba ukubamukela njengezihambi. Base bethola kuwo [lomuzi] uthango obeselutshekile lufuna ukuwa, saluvusa salumisa.

Wathi [uMusa]: "Uma uthanda ungabakhokhisa ngalo inzuzo".

78. Sathi [isigqila sika Allah]: "Yikhona ke la mina nawe esihlukana khona. Ngizokwazisa ngencazelo yakho konke lokhu ohluleke ukukubekezelela".

79. Mayelana nomkhumbi, ubungowezichaka ezazisebenza olwandle, bengifuna ukuwufaka isici ngamabomu, ngokuba ngaphambi kwabo bekunenkosi ehlwitha imikhumbi [engenacisi] ngodli.

80. Mayelana nomfana, abazali bakhe bebengabakholwayo sase sisaba ukuthi uyobahlukumeza [lapho esemdala] ngokungezwa nokungakholwa.

81. Besifuna ukuthi iNkosi yabo ibaphe ongcono esikhundle sakhe noyobaphatha kahle.

82. Mayelana nothango, belungelezintandane zabafana ababili khona emzini, kanti ngaphansi kwalo bekunomcebo wabo bobabili futhi abazali babo babeqotho, ngakhoke iNkosi yakho beyifuna ukuba bakhule babe badala bese bekhipha memba umcebo wabo; isihawu esivela eNkosini yakho. Angikwenzanga ngokwentando yami. Leyo iyona incazelo yakho konke lokhu ongakhonanga ukukubekezelela.

قَالَ هَٰذَا فِرَاقُ بَيْنِي وَبَيْنِكَ ۚ سَأُنَبِّئُكَ
بِتَأْوِيلِ مَا لَمْ تَسْتَطِع عَّلَيْهِ صَبْرًا ﴿٧٨﴾

أَمَّا ٱلسَّفِينَةُ فَكَانَتْ لِمَسَٰكِينَ
يَعْمَلُونَ فِي ٱلْبَحْرِ فَأَرَدتُّ أَنْ أَعِيبَهَا
وَكَانَ وَرَآءَهُم مَّلِكٌ يَأْخُذُ كُلَّ سَفِينَةٍ
غَصْبًا ﴿٧٩﴾

وَأَمَّا ٱلْغُلَٰمُ فَكَانَ أَبَوَاهُ مُؤْمِنَيْنِ
فَخَشِينَآ أَن يُرْهِقَهُمَا طُغْيَٰنًا
وَكُفْرًا ﴿٨٠﴾

فَأَرَدْنَآ أَن يُبْدِلَهُمَا رَبُّهُمَا خَيْرًا مِّنْهُ
زَكَوٰةً وَأَقْرَبَ رُحْمًا ﴿٨١﴾

وَأَمَّا ٱلْجِدَارُ فَكَانَ لِغُلَٰمَيْنِ يَتِيمَيْنِ فِي
ٱلْمَدِينَةِ وَكَانَ تَحْتَهُۥ كَنزٌ لَّهُمَا وَكَانَ
أَبُوهُمَا صَٰلِحًا فَأَرَادَ رَبُّكَ أَن يَبْلُغَآ
أَشُدَّهُمَا وَيَسْتَخْرِجَا كَنزَهُمَا رَحْمَةً
مِّن رَّبِّكَ ۚ وَمَا فَعَلْتُهُۥ عَنْ أَمْرِى ۚ ذَٰلِكَ
تَأْوِيلُ مَا لَمْ تَسْطِع عَّلَيْهِ صَبْرًا ﴿٨٢﴾

83. Futhi bakubuza ngo Dulikarinani [umpondombili]. Yithi: "Ngizonilandisa ngendaba yakhe".

وَيَسْـَٔلُونَكَ عَن ذِى ٱلْقَرْنَيْنِ ۖ قُلْ سَأَتْلُوا۟ عَلَيْكُم مِّنْهُ ذِكْرًا ﴿٨٣﴾

84. Impela sambeka emhlabeni samnika indlela yokufinyelela kuyo yonke into [ulwazi lokuyenza].

إِنَّا مَكَّنَّا لَهُۥ فِى ٱلْأَرْضِ وَءَاتَيْنَـٰهُ مِن كُلِّ شَىْءٍ سَبَبًا ﴿٨٤﴾

85. Wabe eselandela enye yezindlela.

فَأَتْبَعَ سَبَبًا ﴿٨٥﴾

86. Waze wafika entshonalanga, walithola lishonela esiyalweni esimnyama, wathola kunabantu lapho [entshonalanga]. Sathi: "We Dulikarinani, ungabajezisa noma ube nesihle kubo".

حَتَّىٰٓ إِذَا بَلَغَ مَغْرِبَ ٱلشَّمْسِ وَجَدَهَا تَغْرُبُ فِى عَيْنٍ حَمِئَةٍ وَوَجَدَ عِندَهَا قَوْمًا ۗ قُلْنَا يَـٰذَا ٱلْقَرْنَيْنِ إِمَّآ أَن تُعَذِّبَ وَإِمَّآ أَن تَتَّخِذَ فِيهِمْ حُسْنًا ﴿٨٦﴾

87. Wathi: "Lowo ophambukile sizomjezisa bese ebuyela eNkosini yakhe iphinde imjezise isijeziso esishaqisayo".

قَالَ أَمَّا مَن ظَلَمَ فَسَوْفَ نُعَذِّبُهُۥ ثُمَّ يُرَدُّ إِلَىٰ رَبِّهِۦ فَيُعَذِّبُهُۥ عَذَابًا نُّكْرًا ﴿٨٧﴾

88. Kuthi lowo okholwayo owenza nezenzo eziqotho, uyothola umvuzo weJana, futhi siyokhuluma kahle naye.

وَأَمَّا مَنْ ءَامَنَ وَعَمِلَ صَـٰلِحًا فَلَهُۥ جَزَآءً ٱلْحُسْنَىٰ ۖ وَسَنَقُولُ لَهُۥ مِنْ أَمْرِنَا يُسْرًا ﴿٨٨﴾

89. Waphinda walendela enye yezindlela.

ثُمَّ أَتْبَعَ سَبَبًا ﴿٨٩﴾

90. Waze wafika empumalanga, walithola liphumela phezu kwabantu esingezange sibenzele isisithezo esibavikela kulo.

حَتَّىٰٓ إِذَا بَلَغَ مَطْلِعَ ٱلشَّمْسِ وَجَدَهَا تَطْلُعُ عَلَىٰ قَوْمٍ لَّمْ نَجْعَل لَّهُم مِّن دُونِهَا سِتْرًا ﴿٩٠﴾

91. Belu besinayo yonke imininingwane ngakwenzayo.

كَذَٰلِكَ ۖ وَقَدْ أَحَطْنَا بِمَا لَدَيْهِ خُبْرًا ﴿٩١﴾

92. Waphinda walandela enye yezindlela.

ثُمَّ أَتْبَعَ سَبَبًا ﴿٩٢﴾

حَتَّىٰٓ إِذَا بَلَغَ بَيْنَ ٱلسَّدَّيْنِ وَجَدَ مِن دُونِهِمَا قَوْمًا لَّا يَكَادُونَ يَفْقَهُونَ قَوْلًا ﴿٩٣﴾

93. Waze wafika phakathi kwezintaba ezimbili ezazihonqile, wathola emuva kwazo zombili kunabantu abangaqondi lwimi [olunye].

قَالُوا۟ يَٰذَا ٱلْقَرْنَيْنِ إِنَّ يَأْجُوجَ وَمَأْجُوجَ مُفْسِدُونَ فِى ٱلْأَرْضِ فَهَلْ نَجْعَلُ لَكَ خَرْجًا عَلَىٰٓ أَن تَجْعَلَ بَيْنَنَا وَبَيْنَهُمْ سَدًّا ﴿٩٤﴾

94. Bathi: "Dulikarinani, impela isizwe sakwa Ya'ajuju nakwaMa'ajuju benza umonakalo ezweni. Kunganjani sikukhokhele ukuba usakhele uthango phakathi kwethu nabo.

قَالَ مَا مَكَّنِّى فِيهِ رَبِّى خَيْرٌ فَأَعِينُونِى بِقُوَّةٍ أَجْعَلْ بَيْنَكُمْ وَبَيْنَهُمْ رَدْمًا ﴿٩٥﴾

95. Wathi: "Lokhu engikunikwe iNkosi yami kungcono, ngakhoke ngisizeni ningilethe abantu abanamandla ukuze ngakhe phakathi kwenu nabo uthango.

ءَاتُونِى زُبَرَ ٱلْحَدِيدِ ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا سَاوَىٰ بَيْنَ ٱلصَّدَفَيْنِ قَالَ ٱنفُخُوا۟ ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا جَعَلَهُۥ نَارًا قَالَ ءَاتُونِىٓ أُفْرِغْ عَلَيْهِ قِطْرًا ﴿٩٦﴾

96. Ngipheni ingqukuqa yensimbi. Kuthe lapho esezivale zombili izinhlangothi zentaba [ngezisimbi], wathi: "Vuthelani [...basani umlilo ushise izinsimbi]". Kuthe lapho eselenze lawumlilo luvutha [uthango], wathi: "Ngiletheleni ithusi ngiligalele ngaphezu kwalo [uthango lovuthayo].

فَمَا ٱسْطَٰعُوٓا۟ أَن يَظْهَرُوهُ وَمَا ٱسْتَطَٰعُوا۟ لَهُۥ نَقْبًا ﴿٩٧﴾

97. Abazange bakhone [abakwaYa'ajuju nakwaMa'ajuju] ukuleqa [uthango] futhi abakhonanga ulibhoboza imbobo.

قَالَ هَٰذَا رَحْمَةٌ مِّن رَّبِّى ۖ فَإِذَا جَآءَ وَعْدُ رَبِّى جَعَلَهُۥ دَكَّآءَ ۖ وَكَانَ وَعْدُ رَبِّى حَقًّا ﴿٩٨﴾

98. Wathi: "Lona umusa ovela ku Allah. Kepha uma sekufike isethembiso seNkosi yami uyolenza [uthango] lube uthuli. Ngokuba isithembiso seNkosi yami siyiqiniso.

99. Ngalolosuku siyobadedela abanye babo balakanyelane nabanye. Kuyothi lapho sekushaywa icilongo [okwesibili] sibabuthanise bonke ndawonye.

* وَتَرَكْنَا بَعْضَهُمْ يَوْمَئِذٍ يَمُوجُ فِي بَعْضٍ ۖ وَنُفِخَ فِي ٱلصُّورِ فَجَمَعْنَٰهُمْ جَمْعًا ﴿٩٩﴾

100. NgaloloSuku siyovezela obala iJahanamu kulabo abangakholwa.

وَعَرَضْنَا جَهَنَّمَ يَوْمَئِذٍ لِّلْكَٰفِرِينَ عَرْضًا ﴿١٠٠﴾

101. Labo amehlo abo ayemboziwe engayiboni imibiko yaMi futhi bengakwazi ukuzwa lutho.

ٱلَّذِينَ كَانَتْ أَعْيُنُهُمْ فِي غِطَآءٍ عَن ذِكْرِى وَكَانُوا۟ لَا يَسْتَطِيعُونَ سَمْعًا ﴿١٠١﴾

102. Ingabe laba abangakholwa bacabanga ukuthi bangenza izingqila zaMi abahlengi [babo] ngaphandle kwaMi na? Impela iJahanamu siyilungiselele labo abangakholwa ukuba bahlale kuyo.

أَفَحَسِبَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ أَن يَتَّخِذُوا۟ عِبَادِى مِن دُونِىٓ أَوْلِيَآءَ ۚ إِنَّآ أَعْتَدْنَا جَهَنَّمَ لِلْكَٰفِرِينَ نُزُلًا ﴿١٠٢﴾

103. Yithi: "Kunganjani nginitshele ngalabo ozenzo zabo azinanzuzo".

قُلْ هَلْ نُنَبِّئُكُم بِٱلْأَخْسَرِينَ أَعْمَٰلًا ﴿١٠٣﴾

104. Yilabo imisebenzi yabo empilweni yasemhlabeni yayisekudukeni kulapho bona becabanga ukuthi benza kahle.

ٱلَّذِينَ ضَلَّ سَعْيُهُمْ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا وَهُمْ يَحْسَبُونَ أَنَّهُمْ يُحْسِنُونَ صُنْعًا ﴿١٠٤﴾

105. Labo, yibona kanye abangayikholwanga imibiko yeNkosi yabo nokuthi bayohlangana naYo. Ngakhoke imivuzo yezenzo zabo yashabalala nangoSuku lokwahlulela asikuba nandaba nabo.

أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِ رَبِّهِمْ وَلِقَآئِهِۦ فَحَبِطَتْ أَعْمَٰلُهُمْ فَلَا نُقِيمُ لَهُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ وَزْنًا ﴿١٠٥﴾

ذَٰلِكَ جَزَآؤُهُمْ جَهَنَّمُ بِمَا كَفَرُواْ وَٱتَّخَذُوٓاْ ءَايَٰتِي وَرُسُلِي هُزُوًا ﴿١٠٦﴾

106. Labo umvuzo wabo iJahanamu ngenxa yokungakholwa kwabo nokwenza imibiko yaMi neZithunywa zaMi inhlekisa.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ كَانَتْ لَهُمْ جَنَّٰتُ ٱلْفِرْدَوْسِ نُزُلًا ﴿١٠٧﴾

107. Nebala labo abakholwayo baphinde benze izenzo eziqotho, bayothola izivande zeFiridosi njengendawo yokuhlala.

خَٰلِدِينَ فِيهَا لَا يَبْغُونَ عَنْهَا حِوَلًا ﴿١٠٨﴾

108. Bayohlala kuzo unaphakade, abayikufuna ukususwa kuzo.

قُل لَّوْ كَانَ ٱلْبَحْرُ مِدَادًا لِّكَلِمَٰتِ رَبِّي لَنَفِدَ ٱلْبَحْرُ قَبْلَ أَن تَنفَدَ كَلِمَٰتُ رَبِّي وَلَوْ جِئْنَا بِمِثْلِهِۦ مَدَدًا ﴿١٠٩﴾

109. Yithi: "Ukube ulwandle beluwuketshezi lokuloba Amazwi eNkosi yami; beluphela ulwandle engakapheli Amazwi eNkosi yami, noma singaletha olunye [ulwandle] ukugcwalisela".

قُلْ إِنَّمَآ أَنَا۠ بَشَرٌ مِّثْلُكُمْ يُوحَىٰٓ إِلَيَّ أَنَّمَآ إِلَٰهُكُمْ إِلَٰهٌ وَٰحِدٌ ۖ فَمَن كَانَ يَرْجُواْ لِقَآءَ رَبِّهِۦ فَلْيَعْمَلْ عَمَلًا صَٰلِحًا وَلَا يُشْرِكْ بِعِبَادَةِ رَبِّهِۦٓ أَحَدًۢا ﴿١١٠﴾

110. Yithi: "Mina ngingumuntu nje kuphela, kwembulelwe kimi ukuthi lowo okumele nimkhonze uyedwa vo kuphela. Ngakhoke lowo ofisa ukuhlangana neNkosi yakhe makenze izenzo eziqotho [ezinhle] angabhangqi noyedwa ekukhonzeni iNkosi yakhe".

(19) SURA MARIYAMU
MARIYAMU [UNINA KA ISA]

سُورَةُ مَرۡيَمَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Kaf-Hha-Ya-'Ayin-Swad.

كٓهيعٓصٓ ﴿١﴾

2. Lokho ukulandisa ngomusa weNkosi yakho esigqileni saYo uZakariya.

ذِكۡرُ رَحۡمَتِ رَبِّكَ عَبۡدَهُۥ زَكَرِيَّآ ﴿٢﴾

3. Mhla ekhuleka eNkosini yakhe ngasese.

إِذۡ نَادَىٰ رَبَّهُۥ نِدَآءً خَفِيًّا ﴿٣﴾

4. Wathi: "Nkosi yami, amathambo ami asebuthaka nekhanda lami seliqhakazile futhi angikaze ngibuye neze lapho ngikhuleka kuWe Nkosi yami".

قَالَ رَبِّ إِنِّي وَهَنَ ٱلۡعَظۡمُ مِنِّي وَٱشۡتَعَلَ ٱلرَّأۡسُ شَيۡبٗا وَلَمۡ أَكُنۢ بِدُعَآئِكَ رَبِّ شَقِيّٗا ﴿٤﴾

5. Nebala ngesaba izihlobo emuva kokuba ngingasekho kunjalo nje umkami akazele, ngakhoke ngiphe umsizi ovela kuWe".

وَإِنِّي خِفۡتُ ٱلۡمَوَٰلِيَ مِن وَرَآءِي وَكَانَتِ ٱمۡرَأَتِي عَاقِرٗا فَهَبۡ لِي مِن لَّدُنكَ وَلِيّٗا ﴿٥﴾

6. Oyoba indlalifa yami neyomndeni kaYakubu, futhi Nkosi yami, umenze athandeke.

يَرِثُنِي وَيَرِثُ مِنۡ ءَالِ يَعۡقُوبَۖ وَٱجۡعَلۡهُ رَبِّ رَضِيّٗا ﴿٦﴾

7. Zakariya, impela sikuhalalisela ngomfana ogama lakhe kuzoba ngu Yahiya, akekho esike samqamba lona phambilini.

يَٰزَكَرِيَّآ إِنَّا نُبَشِّرُكَ بِغُلَٰمٍ ٱسۡمُهُۥ يَحۡيَىٰ لَمۡ نَجۡعَل لَّهُۥ مِن قَبۡلُ سَمِيّٗا ﴿٧﴾

8. Wathi:"Nkosi yami, ngizomthola kanjani umfana ebe umfazi wami eyinumba kulapho nami ngizigugele ngingumxhiliba na?"

قَالَ رَبِّ أَنَّىٰ يَكُونُ لِي غُلَٰمٌ وَكَانَتِ ٱمْرَأَتِي عَاقِرًا وَقَدْ بَلَغْتُ مِنَ ٱلْكِبَرِ عِتِيًّا ﴿٨﴾

9. Yathi [ingelosi]: "Isho njalo iNkosi yakho, yathi: kulula kimi [ukudala umfana], belu ngakudala nawe phambilini ube wawukade ungelutho".

قَالَ كَذَٰلِكَ قَالَ رَبُّكَ هُوَ عَلَيَّ هَيِّنٌ وَقَدْ خَلَقْتُكَ مِن قَبْلُ وَلَمْ تَكُ شَيْـًٔا ﴿٩﴾

10. Wathi [uZakariya]: "Nkosi yami, ngiphe uphawu". Yathi: "Yathi uphawu lwakho ukuthi ungakwazi ukukhulumisa abantu izinsuku ezintathu".

قَالَ رَبِّ ٱجْعَل لِّيٓ ءَايَةً ۚ قَالَ ءَايَتُكَ أَلَّا تُكَلِّمَ ٱلنَّاسَ ثَلَٰثَ لَيَالٍ سَوِيًّا ﴿١٠﴾

11. Waphuma egunjini lokuthandaza waya ebandleni lakhe, wabayalela ukuba badumise ekusenu nakusihlwa.

فَخَرَجَ عَلَىٰ قَوْمِهِۦ مِنَ ٱلْمِحْرَابِ فَأَوْحَىٰٓ إِلَيْهِمْ أَن سَبِّحُوا۟ بُكْرَةً وَعَشِيًّا ﴿١١﴾

12. Yahiya, thatha iNcwadi [iTora] ngokuzimisela futhi samunika ukuqonda esasemncane.

يَٰيَحْيَىٰ خُذِ ٱلْكِتَٰبَ بِقُوَّةٍ ۖ وَءَاتَيْنَٰهُ ٱلْحُكْمَ صَبِيًّا ﴿١٢﴾

13. Samupha futhi ububele obuvela kithi kanye nobumsulwa, futhi wayemthobela u Allah.

وَحَنَانًا مِّن لَّدُنَّا وَزَكَوٰةً ۖ وَكَانَ تَقِيًّا ﴿١٣﴾

14. Futhi wayehlonipha abazali bakhe engewona umdlwembe oweyisayo.

وَبَرًّۢا بِوَٰلِدَيْهِ وَلَمْ يَكُن جَبَّارًا عَصِيًّا ﴿١٤﴾

15. Ukuthula makube kuye ngosuku azalwa ngalo nangosuku afa ngalo nangosuku ayovuswa ngalo [ekufeni] aphile.

وَسَلَٰمٌ عَلَيْهِ يَوْمَ وُلِدَ وَيَوْمَ يَمُوتُ وَيَوْمَ يُبْعَثُ حَيًّا ﴿١٥﴾

16. Landisa [wena Muhamadi] lapha eNcwadini [iKurani] ngoMariyamu, mhla eqhela ngasemndenini wakhe wayohlala endaweni engasempumalanga.

وَٱذۡكُرۡ فِي ٱلۡكِتَٰبِ مَرۡيَمَ إِذِ ٱنتَبَذَتۡ مِنۡ أَهۡلِهَا مَكَانٗا شَرۡقِيّٗا ١٦

17. Wazibekela isisithezo ezisitha kubo [abantu bakubo]. Sabe sesithumela kuye ingelosi yeThu [uJibhirili] eyathatha isimo somuntu oqotho phambi kwakhe.

فَٱتَّخَذَتۡ مِن دُونِهِمۡ حِجَابٗا فَأَرۡسَلۡنَآ إِلَيۡهَا رُوحَنَا فَتَمَثَّلَ لَهَا بَشَرٗا سَوِيّٗا ١٧

18. Wathi [uMariyamu]: "Ngizivikela ngoNomusa kuwe uma ngempela umthobela u Allah".

قَالَتۡ إِنِّيٓ أَعُوذُ بِٱلرَّحۡمَٰنِ مِنكَ إِن كُنتَ تَقِيّٗا ١٨

19. Yathi [ingelosi]: "Ngiyisithunywa nje seNkosi yakho, esithunywe ukukulethela umfana omsulwa".

قَالَ إِنَّمَآ أَنَا۠ رَسُولُ رَبِّكِ لِأَهَبَ لَكِ غُلَٰمٗا زَكِيّٗا ١٩

20. Wathi: "Ngingamthola kanjani umfana ngingakaze ngithintwe muntu [wesilisa] futhi ngingakaze ngibe unondindwa".

قَالَتۡ أَنَّىٰ يَكُونُ لِي غُلَٰمٞ وَلَمۡ يَمۡسَسۡنِي بَشَرٞ وَلَمۡ أَكُ بَغِيّٗا ٢٠

21. Yathi: "Isho kanjalo iNkosi yakho: kulula kiMi, futhi siyomenza isibonakaliso ebantwini nomusa ovela kithi. Futhi yinto vele esinqunyiwe.

قَالَ كَذَٰلِكِ قَالَ رَبُّكِ هُوَ عَلَيَّ هَيِّنٞۖ وَلِنَجۡعَلَهُۥٓ ءَايَةٗ لِّلنَّاسِ وَرَحۡمَةٗ مِّنَّاۚ وَكَانَ أَمۡرٗا مَّقۡضِيّٗا ٢١

22. Wamthwala [ekhulelwe] waya naye endaweni esekudeni eqhelile.

* فَحَمَلَتۡهُ فَٱنتَبَذَتۡ بِهِۦ مَكَانٗا قَصِيّٗا ٢٢

23. Wahlaselwa umhelo ehleli ngaphansi kwesihlahla samasundu, wathi: "Ngifisa ukube ngafa kudala ngaphambi kwalokhu ngakhohlwa ngangaziwa nhlobo".

فَأَجَآءَهَا ٱلۡمَخَاضُ إِلَىٰ جِذۡعِ ٱلنَّخۡلَةِ قَالَتۡ يَٰلَيۡتَنِي مِتُّ قَبۡلَ هَٰذَا وَكُنتُ نَسۡيٗا مَّنسِيّٗا ٢٣

فَنَادَىٰهَا مِن تَحْتِهَآ أَلَّا تَحْزَنِى قَدْ جَعَلَ رَبُّكِ تَحْتَكِ سَرِيًّا ﴿٢٤﴾

24. Wammemeza [umfana wakhe] ngenzansi kwakhe wathi: "Ungakhathazeki ngokuba iNkosi yakho wenze umfundlana ezansi kwakho".

وَهُزِّىٓ إِلَيْكِ بِجِذْعِ ٱلنَّخْلَةِ تُسَٰقِطْ عَلَيْكِ رُطَبًا جَنِيًّا ﴿٢٥﴾

25. Nyakazisela ngakuwe isiqu sesihlahla sizokuwisela amasundu amasha avunwe ngaleso sikhathi.

فَكُلِى وَٱشْرَبِى وَقَرِّى عَيْنًا ۖ فَإِمَّا تَرَيِنَّ مِنَ ٱلْبَشَرِ أَحَدًا فَقُولِىٓ إِنِّى نَذَرْتُ لِلرَّحْمَٰنِ صَوْمًا فَلَنْ أُكَلِّمَ ٱلْيَوْمَ إِنسِيًّا ﴿٢٦﴾

26. Yidla uphuze uthokoze. Uma ubona noma yimuphi umuntu, ubothi: "Ngizibophezele ku Allah ukuba ngizile, ngakhoke akukho muntu engiyomkhulumisa namhlanje".

فَأَتَتْ بِهِۦ قَوْمَهَا تَحْمِلُهُۥ ۖ قَالُوا۟ يَٰمَرْيَمُ لَقَدْ جِئْتِ شَيْـًٔا فَرِيًّا ﴿٢٧﴾

27. Wafika naye [umfana wakhe] kubantu bakubo emphethe. Bathi: "We Mariyamu, impela ufike nento eyinsumansumane".

يَٰٓأُخْتَ هَٰرُونَ مَا كَانَ أَبُوكِ ٱمْرَأَ سَوْءٍ وَمَا كَانَتْ أُمُّكِ بَغِيًّا ﴿٢٨﴾

28. Dadewabo ka Haruna, uyihlo wayengeyena umuntu omubi futhi nonyoko wayengeyena unondindwa.

فَأَشَارَتْ إِلَيْهِ ۖ قَالُوا۟ كَيْفَ نُكَلِّمُ مَن كَانَ فِى ٱلْمَهْدِ صَبِيًّا ﴿٢٩﴾

29. Wavele wabakhomba kuye [umfana wakhe]. Bathi: "Sizokhuluma kanjani noswana olusembelekweni na?"

قَالَ إِنِّى عَبْدُ ٱللَّهِ ءَاتَىٰنِىَ ٱلْكِتَٰبَ وَجَعَلَنِى نَبِيًّا ﴿٣٠﴾

30. Wathi [umfana kaMariyamu]: "Mina ngiyisigqila sika Allah, unginike iNcwadi wangenza iSithunywa".

وَجَعَلَنِى مُبَارَكًا أَيْنَ مَا كُنتُ وَأَوْصَىٰنِى بِٱلصَّلَوٰةِ وَٱلزَّكَوٰةِ مَا دُمْتُ حَيًّا ﴿٣١﴾

31. Futhi wangenza ngaba obusisekile noma yikuphi langikhona, wangiyalela ngeswala nezakati uma nje lokhu ngisaphila.

32. Futhi wangenza ngaba ohlonipha umama wami, akazange angenze umdlwembe ongezwa.

وَبَرًّۢا بِوَٰلِدَتِى وَلَمْ يَجْعَلْنِى جَبَّارًا شَقِيًّا ﴿٣٢﴾

33. Ukuthula makube kimi ngosuku lapho ngizalwa nangosuku lapho ngifa nangosuku lapho ngivuswa ngiphile.

وَٱلسَّلَٰمُ عَلَىَّ يَوْمَ وُلِدتُّ وَيَوْمَ أَمُوتُ وَيَوْمَ أُبْعَثُ حَيًّا ﴿٣٣﴾

34. Loyo ngu Isa indodana ka Mariyamu. Amazwi eqiniso leli abalingabazayo.

ذَٰلِكَ عِيسَى ٱبْنُ مَرْيَمَ ۚ قَوْلَ ٱلْحَقِّ ٱلَّذِى فِيهِ يَمْتَرُونَ ﴿٣٤﴾

35. Akumfaneli u Allah ukuba abe nengane; makangcweliswe. Uma efuna ukwenza noma yini, uvane kuyo: "Yenzeka", bese iyenzeka.

مَا كَانَ لِلَّهِ أَن يَتَّخِذَ مِن وَلَدٍ ۖ سُبْحَٰنَهُۥٓ ۚ إِذَا قَضَىٰٓ أَمْرًا فَإِنَّمَا يَقُولُ لَهُۥ كُن فَيَكُونُ ﴿٣٥﴾

36. Nebala u Allah iNkosi yami neNkosi yenu, ngakhoke mkhonzeni, iyona lena indlela eqondile.

وَإِنَّ ٱللَّهَ رَبِّى وَرَبُّكُمْ فَٱعْبُدُوهُ ۚ هَٰذَا صِرَٰطٌ مُّسْتَقِيمٌ ﴿٣٦﴾

37. Aphikisana wodwa amaqembu, imbubhiso ikulabo abangakholelwa ekubuthaneni koSuku olukhulu.

فَٱخْتَلَفَ ٱلْأَحْزَابُ مِنۢ بَيْنِهِمْ ۖ فَوَيْلٌ لِّلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِن مَّشْهَدِ يَوْمٍ عَظِيمٍ ﴿٣٧﴾

38. Yeka abayokubona nabayokuzwa ngosuku abayofika ngalo kithi. Kepha labo abangakholwa basekudukeni okusobala namhlanje.

أَسْمِعْ بِهِمْ وَأَبْصِرْ يَوْمَ يَأْتُونَنَا لَٰكِنِ ٱلظَّٰلِمُونَ ٱلْيَوْمَ فِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٣٨﴾

39. Baxwayise ngosuku lokuzisola lapho okuyokwehlulelwa khona. Kulapho bona abanendaba futhi abakholwa.

وَأَنذِرْهُمْ يَوْمَ ٱلْحَسْرَةِ إِذْ قُضِىَ ٱلْأَمْرُ وَهُمْ فِى غَفْلَةٍ وَهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿٣٩﴾

إِنَّا نَحْنُ نَرِثُ ٱلْأَرْضَ وَمَنْ عَلَيْهَا وَإِلَيْنَا يُرْجَعُونَ ﴿٤٠﴾

40. Nembala yithina esiyoba yizindlalifa zomhlaba nakho konke okukuwo futhi bonke bayobuyela kithi.

وَٱذْكُرْ فِى ٱلْكِتَـٰبِ إِبْرَٰهِيمَ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ صِدِّيقًا نَّبِيًّا ﴿٤١﴾

41. Futhi landisa ngo Ibhirahimu eNcwadini [iKurani]. Impela wayeneqiniso eyiSithunywa.

إِذْ قَالَ لِأَبِيهِ يَـٰٓأَبَتِ لِمَ تَعْبُدُ مَا لَا يَسْمَعُ وَلَا يُبْصِرُ وَلَا يُغْنِى عَنكَ شَيْـًٔا ﴿٤٢﴾

42. Mhla ethi kuyise: "Baba wami othandekayo, kungani ukhonza lokho okungezwa nokungaboni okungakusizi ngalutho".

يَـٰٓأَبَتِ إِنِّى قَدْ جَآءَنِى مِنَ ٱلْعِلْمِ مَا لَمْ يَأْتِكَ فَٱتَّبِعْنِىٓ أَهْدِكَ صِرَٰطًا سَوِيًّا ﴿٤٣﴾

43. Baba wami othandekayo, impela senginolwazi olungakafiki kuwe, ngakhoke landela mina ngikuholele endleleni eqondile.

يَـٰٓأَبَتِ لَا تَعْبُدِ ٱلشَّيْطَـٰنَ ۖ إِنَّ ٱلشَّيْطَـٰنَ كَانَ لِلرَّحْمَـٰنِ عَصِيًّا ﴿٤٤﴾

44. Baba wami othandekayo ungamkhonzi uShayitani ngokuba uShayitani weyisa wangamlalela Onomusa [uAllah].

يَـٰٓأَبَتِ إِنِّىٓ أَخَافُ أَن يَمَسَّكَ عَذَابٌ مِّنَ ٱلرَّحْمَـٰنِ فَتَكُونَ لِلشَّيْطَـٰنِ وَلِيًّا ﴿٤٥﴾

45. Baba wami othandekayo, impela ngisaba ukuthi uyothola isijeziso esivela koNomusa bese uphenduka umlandeli ka Shayitani.

قَالَ أَرَاغِبٌ أَنتَ عَنْ ءَالِهَتِى يَـٰٓإِبْرَٰهِيمُ ۖ لَئِن لَّمْ تَنتَهِ لَأَرْجُمَنَّكَ ۖ وَٱهْجُرْنِى مَلِيًّا ﴿٤٦﴾

46. Wathi [uyise]: "Awunandaba nezikhonzwa zami na, we Ibhirahimu?" Uma ungaphezi ngizokukhanda ngamatshe mina uqobo futhi awungiyeke [ungangikhulumisi]isikhathi eside.

قَالَ سَلَـٰمٌ عَلَيْكَ ۖ سَأَسْتَغْفِرُ لَكَ رَبِّىٓ ۖ إِنَّهُۥ كَانَ بِى حَفِيًّا ﴿٤٧﴾

47. Wathi [u Ibhirahimu]: "Ukuthula makube kuwe. Ngizokucelela intethelelo eNkosini yami ngokuba yona inesihawu kimi".

48. Futhi ngizonishiya nina kanye nalokho enikukhonzayo ngaphandle kuka Allah, bese ngikhuleka eNkosini yami, hleze ngingehluleki lapho sengikhulekile eNkosini yami.

وَأَعْتَزِلُكُمْ وَمَا تَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ وَأَدْعُوا۟ رَبِّى عَسَىٰٓ أَلَّآ أَكُونَ بِدُعَآءِ رَبِّى شَقِيًّا ﴿٤٨﴾

49. Kuthe lapho esebahlubukile kanye nalokho ababekukhonza ngaphandle kuka Allah, samupha u Isihaki noYakubu. Bobabili sabenza iZithunywa.

فَلَمَّا ٱعْتَزَلَهُمْ وَمَا يَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ وَهَبْنَا لَهُۥٓ إِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَ ۖ وَكُلًّا جَعَلْنَا نَبِيًّا ﴿٤٩﴾

50. Sabapha nabo emseni weThu sabenzela ukutuswa kweqiniso okungapheli.

وَوَهَبْنَا لَهُم مِّن رَّحْمَتِنَا وَجَعَلْنَا لَهُمْ لِسَانَ صِدْقٍ عَلِيًّا ﴿٥٠﴾

51. Landisa futhi ngoMusa eNcwadini [iKurani]. Impela wayekhethekile futhi wabe eyiSithunywa esinguMembulelwa.

وَٱذْكُرْ فِى ٱلْكِتَٰبِ مُوسَىٰٓ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ مُخْلَصًا وَكَانَ رَسُولًا نَّبِيًّا ﴿٥١﴾

52. Sammemeza ngasohlangothini lwesokudla lwentaba iTuri, samsondeza sakhuluma naye.

وَنَٰدَيْنَٰهُ مِن جَانِبِ ٱلطُّورِ ٱلْأَيْمَنِ وَقَرَّبْنَٰهُ نَجِيًّا ﴿٥٢﴾

53. Samupha emseni weThu umfowabo uHaruna owaba yiSithunywa.

وَوَهَبْنَا لَهُۥ مِن رَّحْمَتِنَآ أَخَاهُ هَٰرُونَ نَبِيًّا ﴿٥٣﴾

54. Landisa futhi ngo Isima'ili eNcwadini [iKurani]. Impela wayesigcina isithembiso futhi wabe eyiSithunywa esinguMembulelwa.

وَٱذْكُرْ فِى ٱلْكِتَٰبِ إِسْمَٰعِيلَ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ صَادِقَ ٱلْوَعْدِ وَكَانَ رَسُولًا نَّبِيًّا ﴿٥٤﴾

55. Wayehlala najlo eluleka umndeni wakhe ngeswala nezakati futhi wayethandeka eNkosini yakhe.

وَكَانَ يَأْمُرُ أَهْلَهُۥ بِٱلصَّلَوٰةِ وَٱلزَّكَوٰةِ وَكَانَ عِندَ رَبِّهِۦ مَرْضِيًّا ﴿٥٥﴾

56. Landisa futhi ngo Idirisi eNcwadini [iKurani]. Impela wayeneqiniso futhi eyiSithunywa.

وَٱذۡكُرۡ فِي ٱلۡكِتَٰبِ إِدۡرِيسَۚ إِنَّهُۥ كَانَ صِدِّيقٗا نَّبِيّٗا ٥٦

57. Futhi samnyukisela esikhundleni esiphezulu.

وَرَفَعۡنَٰهُ مَكَانًا عَلِيّٗا ٥٧

58. Yibona ke labo u Allah ababusisile eZithunyweni nakuzalo luka Adamu nakulabo esabathwala kanye noNuhu nakuzalo luka Ibhirahimu nakulabo esabahola sabakhetha. Uma befundelwa imibiko yoNomusa, bawa phansi ngobuso bakhothame futhi bekhala.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ أَنۡعَمَ ٱللَّهُ عَلَيۡهِم مِّنَ ٱلنَّبِيِّـۧنَ مِن ذُرِّيَّةِ ءَادَمَ وَمِمَّنۡ حَمَلۡنَا مَعَ نُوحٖ وَمِن ذُرِّيَّةِ إِبۡرَٰهِيمَ وَإِسۡرَٰٓءِيلَ وَمِمَّنۡ هَدَيۡنَا وَٱجۡتَبَيۡنَآۚ إِذَا تُتۡلَىٰ عَلَيۡهِمۡ ءَايَٰتُ ٱلرَّحۡمَٰنِ خَرُّواْ سُجَّدٗا وَبُكِيّٗا ٥٨

59. Kepha balandelwa emuva kwabo yisizukulwane esasingenandaba neswala futhi silandela izinkanuko. Siyohlangabezana nokubi [eJahanamu].

۞ فَخَلَفَ مِنۢ بَعۡدِهِمۡ خَلۡفٌ أَضَاعُواْ ٱلصَّلَوٰةَ وَٱتَّبَعُواْ ٱلشَّهَوَٰتِۖ فَسَوۡفَ يَلۡقَوۡنَ غَيّٗا ٥٩

60. Ngaphandle kwalowo ozisolayo akholwe bese enza izenzo ezinhle, yilaboke abayongena eJana futhi akukho noncane okungebona ubulungiswa okuyokwenziwa kubo.

إِلَّا مَن تَابَ وَءَامَنَ وَعَمِلَ صَٰلِحٗا فَأُوْلَٰٓئِكَ يَدۡخُلُونَ ٱلۡجَنَّةَ وَلَا يُظۡلَمُونَ شَيۡـٔٗا ٦٠

61. Izivande zaphakade lezi Onomusa azithembise izigqila zaKhe zingazibonanga. Impela isithembiso saKhe nakanjani siyofika.

جَنَّٰتِ عَدۡنٍ ٱلَّتِي وَعَدَ ٱلرَّحۡمَٰنُ عِبَادَهُۥ بِٱلۡغَيۡبِۚ إِنَّهُۥ كَانَ وَعۡدُهُۥ مَأۡتِيّٗا ٦١

62. Abayikuzwa kuzo umbhedo ngaphandle nje kokuthi "ukuthula" [bebingelelana]. Bayothola ukudla kwabo kuzo ekuseni nakusihlwa.

لَّا يَسۡمَعُونَ فِيهَا لَغۡوًا إِلَّا سَلَٰمٗاۖ وَلَهُمۡ رِزۡقُهُمۡ فِيهَا بُكۡرَةٗ وَعَشِيّٗا ٦٢

63. Iyonake leyo iJana esiyoyenza ifa lalabo abangithobelayo kuzigqila zaMi.

تِلْكَ ٱلْجَنَّةُ ٱلَّتِى نُورِثُ مِنْ عِبَادِنَا مَن كَانَ تَقِيًّا ﴿٦٣﴾

64. [Yithi wena Jibhirili kuMuhamadi]: "Asehlingaphandle komyayelo kaAllah. Konke okungaphambi kwethu [okuzayo] nokusemuva kwethu [okwendlule] nokumaphakathi kwalokho kungokuka Allah. Futhi iNkosi yakho ayikhohlwa".

وَمَا نَتَنَزَّلُ إِلَّا بِأَمْرِ رَبِّكَ ۖ لَهُۥ مَا بَيْنَ أَيْدِينَا وَمَا خَلْفَنَا وَمَا بَيْنَ ذَٰلِكَ ۚ وَمَا كَانَ رَبُّكَ نَسِيًّا ﴿٦٤﴾

65. UyiNkosi yamazulu nomhlaba nokumaphakathi kwakho. Ngakhoke khonzani Yena nibambelele ekukhonzeni Yena [Yedwa]. Ingabe ukhona yini omunye omaziyo ofana naYe na?

رَّبُّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا فَٱعْبُدْهُ وَٱصْطَبِرْ لِعِبَٰدَتِهِۦ ۚ هَلْ تَعْلَمُ لَهُۥ سَمِيًّا ﴿٦٥﴾

66. Umuntu uthi: "Ingabe uma sengifile ngiyophinde ngivuswe ngiphile na?"

وَيَقُولُ ٱلْإِنسَٰنُ أَءِذَا مَا مِتُّ لَسَوْفَ أُخْرَجُ حَيًّا ﴿٦٦﴾

67. Ingabe umuntu akasakhumbuli yini ukuthi samdala phambilini ebengelutho.

أَوَلَا يَذْكُرُ ٱلْإِنسَٰنُ أَنَّا خَلَقْنَٰهُ مِن قَبْلُ وَلَمْ يَكُ شَيْـًٔا ﴿٦٧﴾

68. Ngiyifunge iNkosi yakho, siyobabuthanisa bonke kanye noShayitani ndawonye bese sibaletha baphahle iJahanamu beguqile.

فَوَرَبِّكَ لَنَحْشُرَنَّهُمْ وَٱلشَّيَٰطِينَ ثُمَّ لَنُحْضِرَنَّهُمْ حَوْلَ جَهَنَّمَ جِثِيًّا ﴿٦٨﴾

69. Emuva kwalokho siyobe sesihlunga kuwo wonke amaqembu [aphambukile] lowo obeyisa u Allah kakhulu.

ثُمَّ لَنَنزِعَنَّ مِن كُلِّ شِيعَةٍ أَيُّهُمْ أَشَدُّ عَلَى ٱلرَّحْمَٰنِ عِتِيًّا ﴿٦٩﴾

ثُمَّ لَنَحْنُ أَعْلَمُ بِٱلَّذِينَ هُمْ أَوْلَىٰ بِهَا صِلِيًّا ﴿٧٠﴾

70. Futhi esibazikahle labo abanelwe ukungena kuyo [iJahanamu].

وَإِن مِّنكُمْ إِلَّا وَارِدُهَا ۚ كَانَ عَلَىٰ رَبِّكَ حَتْمًا مَّقْضِيًّا ﴿٧١﴾

71. Futhi akekho kini nonke ongeke angena kuyo. Leso isinqumo seNkosi yakho esingeguqulwe.

ثُمَّ نُنَجِّى ٱلَّذِينَ ٱتَّقَواْ وَّنَذَرُ ٱلظَّٰلِمِينَ فِيهَا جِثِيًّا ﴿٧٢﴾

72. Siyobahlenga labo abathobela uAllah kuthi labo abaphambukile sibayeke kanjalo phakathi kuyo beguqile.

وَإِذَا تُتْلَىٰ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتُنَا بَيِّنَٰتٍ قَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لِلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ أَىُّ ٱلْفَرِيقَيْنِ خَيْرٌ مَّقَامًا وَأَحْسَنُ نَدِيًّا ﴿٧٣﴾

73. Uma befundelwa imibiko yeThu ecacile, laba abangakholwa bathi kulabo abakholwayo: "Yilona liphi iqembu kwamabili [thina nani] elinemizi engcono nenkundla [yokuhlangana] engcono [ngobuningi] na?"

وَكَمْ أَهْلَكْنَا قَبْلَهُم مِّن قَرْنٍ هُمْ أَحْسَنُ أَثَٰثًا وَرِءْيًا ﴿٧٤﴾

74. Ziningi izizwe ngaphambi kwabo esazibhubhisa, ababenempahla yasendlini enhle futhi bebukeka kahle.

قُلْ مَن كَانَ فِى ٱلضَّلَٰلَةِ فَلْيَمْدُدْ لَهُ ٱلرَّحْمَٰنُ مَدًّا ۚ حَتَّىٰٓ إِذَا رَأَوْاْ مَا يُوعَدُونَ إِمَّا ٱلْعَذَابَ وَإِمَّا ٱلسَّاعَةَ فَسَيَعْلَمُونَ مَنْ هُوَ شَرٌّ مَّكَانًا وَأَضْعَفُ جُندًا ﴿٧٥﴾

75. Yithi: "Lowo odukile, Onomusa uyomengezela isikhathi, kuze kube yilapho bebona lokho abathenjiswe kona. Isijeziso noma iSikhathi [sokwahlulelwa]. Bayokwazike [ngalowo mzuzu] ukuthi ubani kahle empeleni ononendawo yokuhlala embi nonebutho elingatheni.

وَيَزِيدُ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ٱهْتَدَوْاْ هُدًى ۗ وَٱلْبَٰقِيَٰتُ ٱلصَّٰلِحَٰتُ خَيْرٌ عِندَ رَبِّكَ ثَوَابًا وَخَيْرٌ مَّرَدًّا ﴿٧٦﴾

76. Labo abasendleleni eqondile u Allah uyobengezela ukuqonda. Futhi izenzo ezinhle yizona ezingcono eNkosini yakho ngomvuzo nangesiphetho.

77. Uyambona lona ongakholwa imibiko yeThu kepha athi: "Ngizophiwa umcebo nezingane".

أَفَرَءَيْتَ ٱلَّذِى كَفَرَ بِـَٔايَـٰتِنَا وَقَالَ لَأُوتَيَنَّ مَالًا وَوَلَدًا ﴿٧٧﴾

78. Ingabe wazi ikusasa [elingabonwa] noma wenze isivemelwano Allah na?

أَطَّلَعَ ٱلْغَيْبَ أَمِ ٱتَّخَذَ عِندَ ٱلرَّحْمَـٰنِ عَهْدًا ﴿٧٨﴾

79. Phinde! Sizokuqopha lokhu akushoyo bese simengezela isijeziso ngaphezulu.

كَلَّا ۚ سَنَكْتُبُ مَا يَقُولُ وَنَمُدُّ لَهُۥ مِنَ ٱلْعَذَابِ مَدًّا ﴿٧٩﴾

80. Futhi yithina esiyosala nalokhu akushoyo [umcebo nezingane zakhe] bese eza kithi eyedwa qwaba.

وَنَرِثُهُۥ مَا يَقُولُ وَيَأْتِينَا فَرْدًا ﴿٨٠﴾

81. Baqoka izikhonzwa ngaphandle kuka Allah ukuze zibe usizo kubo.

وَٱتَّخَذُوا۟ مِن دُونِ ٱللَّهِ ءَالِهَةً لِّيَكُونُوا۟ لَهُمْ عِزًّا ﴿٨١﴾

82. Phinde! Ziyokuphika ukukhonzwa yibo [emhlabeni] bese ziba izitha kubo.

كَلَّا ۚ سَيَكْفُرُونَ بِعِبَادَتِهِمْ وَيَكُونُونَ عَلَيْهِمْ ضِدًّا ﴿٨٢﴾

83. Ubonile yini ukuthi sithumele oShayitani kulabo abangakholwa belokhu bebakuthazisisa [ekwenzeni okubi].

أَلَمْ تَرَ أَنَّآ أَرْسَلْنَا ٱلشَّيَـٰطِينَ عَلَى ٱلْكَـٰفِرِينَ تَؤُزُّهُمْ أَزًّا ﴿٨٣﴾

84. Ungabajahi. Impela silokhu siyababalela nje.

فَلَا تَعْجَلْ عَلَيْهِمْ ۖ إِنَّمَا نَعُدُّ لَهُمْ عَدًّا ﴿٨٤﴾

85. Mhla siyobuthanisela koNomusa labo abathobela u Allah njengezicukuthwane.

يَوْمَ نَحْشُرُ ٱلْمُتَّقِينَ إِلَى ٱلرَّحْمَـٰنِ وَفْدًا ﴿٨٥﴾

86. Siqhubele izigilamkhuba eJahanamu beshaya ngobhadu bonyiwe.

وَنَسُوقُ ٱلْمُجْرِمِينَ إِلَىٰ جَهَنَّمَ وِرْدًا ﴿٨٦﴾

87. Abakwazi ukushweleza ngaphandle kwalowo owenze isivumelwano no Allah.

لَّا يَمْلِكُونَ ٱلشَّفَٰعَةَ إِلَّا مَنِ ٱتَّخَذَ عِندَ ٱلرَّحْمَٰنِ عَهْدًا ﴿٨٧﴾

88. Futhi bathi Onomusa unengane.

وَقَالُوا۟ ٱتَّخَذَ ٱلرَّحْمَٰنُ وَلَدًا ﴿٨٨﴾

89. Impela nenze into eshaqisayo.

لَّقَدْ جِئْتُمْ شَيْـًٔا إِدًّا ﴿٨٩﴾

90. Kangangokuthi amazulu acishe asakazela aqhephuka ngakho kanjalo nomhlaba ucishe waqhekeka nezintaba zadilika.

تَكَادُ ٱلسَّمَٰوَٰتُ يَتَفَطَّرْنَ مِنْهُ وَتَنشَقُّ ٱلْأَرْضُ وَتَخِرُّ ٱلْجِبَالُ هَدًّا ﴿٩٠﴾

91. Ngokuthi nje nithi Onomusa unengane.

أَن دَعَوْا۟ لِلرَّحْمَٰنِ وَلَدًا ﴿٩١﴾

92. Akadingi Onomusa ukaba abe nengane.

وَمَا يَنۢبَغِى لِلرَّحْمَٰنِ أَن يَتَّخِذَ وَلَدًا ﴿٩٢﴾

93. Ngokuba konke okusemazulwini nasemhlabeni kuyofika kuNomusa njengezigqila.

إِن كُلُّ مَن فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ إِلَّآ ءَاتِى ٱلرَّحْمَٰنِ عَبْدًا ﴿٩٣﴾

94. Impela ubazi bonke futhi ubabale bonke.

لَّقَدْ أَحْصَىٰهُمْ وَعَدَّهُمْ عَدًّا ﴿٩٤﴾

95. Futhi bonke bayofika kuYe ngoSuku lokwahlulela ngamunye vo.

وَكُلُّهُمْ ءَاتِيهِ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ فَرْدًا ﴿٩٥﴾

96. Nebala labo abakholwayo benze nezenzo ezinhle, Onomusa uyobenzela uthando.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ سَيَجْعَلُ لَهُمُ ٱلرَّحْمَٰنُ وُدًّا ﴿٩٦﴾

97. Impela siyenze lula [iKurani] ngolwimi lwakho ukuze wethule ngayo izindaba ezinhle kwabakholwayo uphinde uxwayise ngayo abantu abathanda ukuphikisa kakhulu.

فَإِنَّمَا يَسَّرْنَٰهُ بِلِسَانِكَ لِتُبَشِّرَ بِهِ ٱلْمُتَّقِينَ وَتُنذِرَ بِهِۦ قَوْمًا لُّدًّا ﴿٩٧﴾

98. Futhi ziningi izizwe ezibandelelayo esazibhubhisa. Ingabe ukhona noyedwa wabo ombonayo noma uzwe nje umsinjwana wabo na?

وَكَمْ أَهْلَكْنَا قَبْلَهُم مِّن قَرْنٍ هَلْ تُحِسُّ مِنْهُم مِّنْ أَحَدٍ أَوْ تَسْمَعُ لَهُمْ رِكْزًا ﴿٩٨﴾

(20) SURA TAHA
TAHA

سُورَةُ طٰهٰ

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

طه ﴿١﴾

1. Taha.

مَآ أَنزَلْنَا عَلَيْكَ ٱلْقُرْءَانَ لِتَشْقَىٰٓ ﴿٢﴾

2. Asiyembulelanga iKurani kuwe [Muhamadi] ukuze uthole ubunzima.

إِلَّا تَذْكِرَةً لِّمَن يَخْشَىٰ ﴿٣﴾

3. Ngaphandle nje kokuthi ibe isikhumbuzo kulowo owesabayo [u Allah].

تَنزِيلًا مِّمَّنْ خَلَقَ ٱلْأَرْضَ وَٱلسَّمَٰوَٰتِ ٱلْعُلَى ﴿٤﴾

4. Yehle kancane kancane ivela kulowo odale umhlaba namazulu aphakeme.

ٱلرَّحْمَٰنُ عَلَى ٱلْعَرْشِ ٱسْتَوَىٰ ﴿٥﴾

5. Onomusa wenyukela eSihlalweni.

لَهُۥ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا وَمَا تَحْتَ ٱلثَّرَىٰ ﴿٦﴾

6. Konke okusemazulwini nasemhlabeni nokumaphakathi kwawo nokungaphansi komhlaba kungokuka Allah.

وَإِن تَجْهَرْ بِٱلْقَوْلِ فَإِنَّهُۥ يَعْلَمُ ٱلسِّرَّ وَأَخْفَى ﴿٧﴾

7. Noma ungakhulumela phezulu, nembala u Allah wazi okuyimfihlo nokusithele.

ٱللَّهُ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ۖ لَهُ ٱلْأَسْمَآءُ ٱلْحُسْنَىٰ ﴿٨﴾

8. U Allah akekho omunye ofanele akhonzwe ngaphandle kwaKhe, unaMagama amahle.

وَهَلْ أَتَىٰكَ حَدِيثُ مُوسَىٰٓ ﴿٩﴾

9. Ingabe usuyitholile indaba kaMusa na?

إِذْ رَءَا نَارًا فَقَالَ لِأَهْلِهِ ٱمْكُثُوٓاْ إِنِّيٓ
ءَانَسْتُ نَارًا لَّعَلِّيٓ ءَاتِيكُم مِّنْهَا
بِقَبَسٍ أَوْ أَجِدُ عَلَى ٱلنَّارِ هُدًى ﴿١٠﴾

10. Mhla ebona umlilo wathi kumndeni wakhe: "Hlalani la, ngibona umlilo hleze nginiphathele isikhuni esivuthayo noma ngithole ongangilayela indlela emlilweni".

فَلَمَّآ أَتَىٰهَا نُودِيَ يَٰمُوسَىٰٓ ﴿١١﴾

11. Kuthe lapho efika kuwo wamenyezwa; "We Musa".

إِنِّيٓ أَنَا۠ رَبُّكَ فَٱخْلَعْ نَعْلَيْكَ إِنَّكَ بِٱلْوَادِ
ٱلْمُقَدَّسِ طُوًى ﴿١٢﴾

12. Nebala Yimina Lona iNkosi yakho. Ngakhoke khumula izimbadada zakho ngokuba usesigodini saseTuwa esihlanzekile.

وَأَنَا ٱخْتَرْتُكَ فَٱسْتَمِعْ لِمَا يُوحَىٰٓ ﴿١٣﴾

13. Futhi sengikuhlonzile ngakhoke lalela lokho okwembulwayo.

إِنَّنِيٓ أَنَا ٱللَّهُ لَآ إِلَٰهَ إِلَّآ أَنَا۠ فَٱعْبُدْنِي
وَأَقِمِ ٱلصَّلَوٰةَ لِذِكْرِيٓ ﴿١٤﴾

14. Impela Yimina lona u Allah, akekho okufanele akhonzwe ngaphandle kwaMi. Ngakhoke khonza Mina [kuphela] wenze neswala ukuze ungikhumbule.

إِنَّ ٱلسَّاعَةَ ءَاتِيَةٌ أَكَادُ أُخْفِيهَا
لِتُجْزَىٰ كُلُّ نَفْسٍۭ بِمَا تَسْعَىٰ ﴿١٥﴾

15. Nembala iSikhathi [sokwahlulela] siyeza, ngithi angingasigaguli ukuze wonke umphefumulo uzuziswe ngalokho okwenzile.

فَلَا يَصُدَّنَّكَ عَنْهَا مَن لَّا يُؤْمِنُ بِهَا
وَٱتَّبَعَ هَوَىٰهُ فَتَرْدَىٰ ﴿١٦﴾

16. Ngakhoke akungabi bikho muntu ongakholwa yiso nolandela izinkanuko ozokugudlula [ekukholweni] kuso, funa ubhubhe.

وَمَا تِلْكَ بِيَمِينِكَ يَٰمُوسَىٰ ﴿١٧﴾

17. Yini lokhu okusesandleni sakho sokudla we Musa?

18. Wathi: "Induku yami, ngidondoloza ngayo ngiphinde ngephulele imfuyo yami amagatsha ngayo kantike ziningi ezinye izinto engisiza ngazo".

قَالَ هِيَ عَصَايَ أَتَوَكَّؤُا۟ عَلَيْهَا وَأَهُشُّ بِهَا عَلَىٰ غَنَمِي وَلِيَ فِيهَا مَـَٔارِبُ أُخْرَىٰ ﴿١٨﴾

19. Wathi [u Allah]: "Ijikijele phansi we Musa".

قَالَ أَلْقِهَا يَـٰمُوسَىٰ ﴿١٩﴾

20. Wayijikijela phansi, maqede yaba inyoka ihuhuluza.

فَأَلْقَىٰهَا فَإِذَا هِيَ حَيَّةٌ تَسْعَىٰ ﴿٢٠﴾

21. Wathi: "Ithathe ungesabi, sizoyibuyisela esimeni sayo sasekuqaleni".

قَالَ خُذْهَا وَلَا تَخَفْ ۖ سَنُعِيدُهَا سِيرَتَهَا ٱلْأُولَىٰ ﴿٢١﴾

22. Futhi faka isandla sakho ohlangothini lwakho [ngaphansi kwengalo], sizophuma sesimhlophe okungekona okokugula; isibonakaliso nje esinye.

وَٱضْمُمْ يَدَكَ إِلَىٰ جَنَاحِكَ تَخْرُجْ بَيْضَآءَ مِنْ غَيْرِ سُوٓءٍ ءَايَةً أُخْرَىٰ ﴿٢٢﴾

23. Ukuze sikubonise ezinye zezibonakaliso zeThu ezinkulu.

لِنُرِيَكَ مِنْ ءَايَـٰتِنَا ٱلْكُبْرَى ﴿٢٣﴾

24. Hamba uye kuFirawuni ngokuba impela usephule umthetho.

ٱذْهَبْ إِلَىٰ فِرْعَوْنَ إِنَّهُۥ طَغَىٰ ﴿٢٤﴾

25. Wathi [uMusa]: "Nkosi yami ngivulele inhliziyo yami".

قَالَ رَبِّ ٱشْرَحْ لِى صَدْرِى ﴿٢٥﴾

26. Wenze izinto zami zibe lula.

وَيَسِّرْ لِىٓ أَمْرِى ﴿٢٦﴾

27. Uqaqe lelifindo elisolwimini lwami.

وَٱحْلُلْ عُقْدَةً مِّن لِّسَانِى ﴿٢٧﴾

28. Ukuze bayiqondisise inkulumo yami.

يَفْقَهُوا۟ قَوْلِى ﴿٢٨﴾

29. Ungiqokele isekela elivela emndenini wami.

وَٱجْعَل لِّى وَزِيرًا مِّنْ أَهْلِى ﴿٢٩﴾

30. uHaruna umnewethu.

هَـٰرُونَ أَخِى ﴿٣٠﴾

31. Ngimise ngaye isibindi.

32. Futhi umbandakanye odabeni lwami.

33. Ukuze sikubabaze kakhulu.

34. Futhi sikukhumbule kakhulu.

35. Nembala wena uhlezi usibona.

36. Wathi [u Allah]: "Usukunikiwe lokhu okucelile we Musa".

37. Sesiphinde sakubusisa futhi.

38. Khumbula mhla siyalela unyoko lokho okwayalelwa.

39. Ukuthi: "Mfake ebhokisini ulitshingele emfuleni. Umfula uyomkhafulela osebeni, athathwe yisitha saMi naye [uFirawuni]". Futhi ngakuthela ngothando oluvela kiMi nokuthi wakhuliswa ngaphambi kwaMehlo Ami.

40. Mhla udadewenu ehamba [eya kuFirawuni] wathi: "Kunganjani nginitshengise ongakhona ukumnakekela na?". Sakubuyisela kunyoko ukuze athokoze angakhathazeki. Futhi wabulala umuntu, sakuhlenga osizini saphinde sakuvivinya ngezivivinyo eziningi. Wabe usuhlala esizweni saseMadiyana iminyaka wase usufikela lapho onqunyelwe ukuba ube khona we Musa.

ٱشۡدُدۡ بِهِۦٓ أَزۡرِي ﴿٣١﴾
وَأَشۡرِكۡهُ فِيٓ أَمۡرِي ﴿٣٢﴾

كَيۡ نُسَبِّحَكَ كَثِيرٗا ﴿٣٣﴾
وَنَذۡكُرَكَ كَثِيرًا ﴿٣٤﴾
إِنَّكَ كُنتَ بِنَا بَصِيرٗا ﴿٣٥﴾
قَالَ قَدۡ أُوتِيتَ سُؤۡلَكَ يَٰمُوسَىٰ ﴿٣٦﴾

وَلَقَدۡ مَنَنَّا عَلَيۡكَ مَرَّةً أُخۡرَىٰٓ ﴿٣٧﴾
إِذۡ أَوۡحَيۡنَآ إِلَىٰٓ أُمِّكَ مَا يُوحَىٰٓ ﴿٣٨﴾

أَنِ ٱقۡذِفِيهِ فِي ٱلتَّابُوتِ فَٱقۡذِفِيهِ فِي ٱلۡيَمِّ
فَلۡيُلۡقِهِ ٱلۡيَمُّ بِٱلسَّاحِلِ يَأۡخُذۡهُ عَدُوّٞ لِّي
وَعَدُوّٞ لَّهُۥۚ وَأَلۡقَيۡتُ عَلَيۡكَ مَحَبَّةٗ مِّنِّي
وَلِتُصۡنَعَ عَلَىٰ عَيۡنِيٓ ﴿٣٩﴾

إِذۡ تَمۡشِيٓ أُخۡتُكَ فَتَقُولُ هَلۡ أَدُلُّكُمۡ
عَلَىٰ مَن يَكۡفُلُهُۥۖ فَرَجَعۡنَٰكَ إِلَىٰٓ أُمِّكَ
كَيۡ تَقَرَّ عَيۡنُهَا وَلَا تَحۡزَنَۚ وَقَتَلۡتَ نَفۡسٗا
فَنَجَّيۡنَٰكَ مِنَ ٱلۡغَمِّ وَفَتَنَّٰكَ فُتُونٗاۚ
فَلَبِثۡتَ سِنِينَ فِيٓ أَهۡلِ مَدۡيَنَ ثُمَّ جِئۡتَ
عَلَىٰ قَدَرٖ يَٰمُوسَىٰ ﴿٤٠﴾

41. Ngase ngizikhethela wena.

وَٱصۡطَنَعۡتُكَ لِنَفۡسِي ﴿٤١﴾

42. Hambake wena nomfowenu nezibonakaliso zami ningaphezi ukungikhumbula.

ٱذۡهَبۡ أَنتَ وَأَخُوكَ بِـَٔايَٰتِي وَلَا تَنِيَا فِي ذِكۡرِي ﴿٤٢﴾

43. Hambani nobabili niye kuFirawuni, impela usephule umthetho ngokwedlulele.

ٱذۡهَبَآ إِلَىٰ فِرۡعَوۡنَ إِنَّهُۥ طَغَىٰ ﴿٤٣﴾

44. Nobabili nikhulume naye amazwi amnene hleze alalele noma esabe [u Allah].

فَقُولَا لَهُۥ قَوۡلٗا لَّيِّنٗا لَّعَلَّهُۥ يَتَذَكَّرُ أَوۡ يَخۡشَىٰ ﴿٤٤﴾

45. Bobabili bathi: "Nkosi yethu, impela sesaba ukuthi uyosijezisa noma adaze inkani".

قَالَا رَبَّنَآ إِنَّنَا نَخَافُ أَن يَفۡرُطَ عَلَيۡنَآ أَوۡ أَن يَطۡغَىٰ ﴿٤٥﴾

46. Wathi [u Allah]: "Ningesabi ngokuba Mina nginani nobabili, ngilalele futhi ngiyabona".

قَالَ لَا تَخَافَآۖ إِنَّنِي مَعَكُمَآ أَسۡمَعُ وَأَرَىٰ ﴿٤٦﴾

47. Iyani kuye nobabili nifike nithi: "Thina siyiZithunywa zeNkosi yakho. Ngakhoke dedela isizwe sakwa Isirayelikithi futhi ungasijezisi. Futhi size nesibonakaliso esivela eNkosini yakho. Ukuthula makube kulowo olandelela indlela yeqiniso".

فَأۡتِيَاهُ فَقُولَآ إِنَّا رَسُولَا رَبِّكَ فَأَرۡسِلۡ مَعَنَا بَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ وَلَا تُعَذِّبۡهُمۡۖ قَدۡ جِئۡنَٰكَ بِـَٔايَةٖ مِّن رَّبِّكَۖ وَٱلسَّلَٰمُ عَلَىٰ مَنِ ٱتَّبَعَ ٱلۡهُدَىٰٓ ﴿٤٧﴾

48. Nembala kwembulelwe kithi ukuthi isijeziso siyotholwa yilowo ongakholwa aphinde anganaki.

إِنَّا قَدۡ أُوحِيَ إِلَيۡنَآ أَنَّ ٱلۡعَذَابَ عَلَىٰ مَن كَذَّبَ وَتَوَلَّىٰ ﴿٤٨﴾

49. Wathi [uFirawuni]: "Ubani iNkosi yenu nobabili na, we Musa?".

قَالَ فَمَن رَّبُّكُمَا يَٰمُوسَىٰ ﴿٤٩﴾

50. Wathi: "iNkosi yethu yilena eyepha yonke into umlingani wayo wase eyihola [kulokho ekudingayo]".

قَالَ رَبُّنَا ٱلَّذِىٓ أَعۡطَىٰ كُلَّ شَىۡءٍ خَلۡقَهُۥ ثُمَّ هَدَىٰ ﴿٥٠﴾

51. Wathi: "Pho kwakuyini inkinga yezizwe zasendulo".

قَالَ فَمَا بَالُ ٱلۡقُرُونِ ٱلۡأُولَىٰ ﴿٥١﴾

52. Wathi: "iNkosi yami enolwazi ngabo lulotshiwe eNcwadini, phela iNkosi yami ayilenzi iphutha futhi ayikhohlwa".

قَالَ عِلۡمُهَا عِندَ رَبِّى فِى كِتَٰبٍ لَّا يَضِلُّ رَبِّى وَلَا يَنسَى ﴿٥٢﴾

53. Lena eyenze umhlaba waba wandlaleka wanidabulela kuwo izindlela. Waphinda wehlisa amanzi emvula wanikhiqizela ngawo izitshalo ezahlukene ngambili.

ٱلَّذِى جَعَلَ لَكُمُ ٱلۡأَرۡضَ مَهۡدًا وَسَلَكَ لَكُمۡ فِيهَا سُبُلًا وَأَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَأَخۡرَجۡنَا بِهِۦٓ أَزۡوَٰجًا مِّن نَّبَاتٍ شَتَّىٰ ﴿٥٣﴾

54. Dlanini nidlise nemfuyo yenu. Impela kulokho kunezibonakaliso kulabo abanogebhezi olubhandlile.

كُلُوا۟ وَٱرۡعَوۡا۟ أَنۡعَٰمَكُمۡ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّأُو۟لِى ٱلنُّهَىٰ ﴿٥٤﴾

55. Sinidale ngawo [ngenhlabathi umhlaba] futhi siyonibuyisela kuwo [mhla ningcwatshwa] siphinde sinikhiphe kuwo futhi okwesibili [mhla sinivuswa].

* مِنۡهَا خَلَقۡنَٰكُمۡ وَفِيهَا نُعِيدُكُمۡ وَمِنۡهَا نُخۡرِجُكُمۡ تَارَةً أُخۡرَىٰ ﴿٥٥﴾

56. Sambonisa [uFirawuni] izibonakaliso zeThu zonke kepha wangakholwa futhi wenqaba.

وَلَقَدۡ أَرَيۡنَٰهُ ءَايَٰتِنَا كُلَّهَا فَكَذَّبَ وَأَبَىٰ ﴿٥٦﴾

57. Wathi [uFirawuni]: "We Musa, ingabe uze kithi ukuze usikhiphe endaweni yethu ngobuthakathi bakho na?"

قَالَ أَجِئۡتَنَا لِتُخۡرِجَنَا مِنۡ أَرۡضِنَا بِسِحۡرِكَ يَٰمُوسَىٰ ﴿٥٧﴾

فَلَنَأْتِيَنَّكَ بِسِحْرٍ مِّثْلِهِۦ فَٱجْعَلْ بَيْنَنَا وَبَيْنَكَ مَوْعِدًا لَّا نُخْلِفُهُۥ نَحْنُ وَلَآ أَنتَ مَكَانًا سُوًى ﴿٥٨﴾

58. Ngakhoke nathi sizokuhlangabeza ngomlingo ofanayo. Beka-ke isikhathi sokuhlangana phakathi kwethu esisosigcina thina nawe, indawo ephakathi nendawo.

قَالَ مَوْعِدُكُمْ يَوْمُ ٱلزِّينَةِ وَأَن يُحْشَرَ ٱلنَّاسُ ضُحًى ﴿٥٩﴾

59. Wathi [uMusa]: "Isikhathi senu sokuhlangana, usuku lwemvunulo futhi kumele abantu bathuniswe emini yasekuseni".

فَتَوَلَّىٰ فِرْعَوْنُ فَجَمَعَ كَيْدَهُۥ ثُمَّ أَتَىٰ ﴿٦٠﴾

60. Kepha uFirawuni wakushaya indiva [umlayezo ka Musa]. Wamane wahlanganisa itulo lakhe weza.

قَالَ لَهُم مُّوسَىٰ وَيْلَكُمْ لَا تَفْتَرُوا۟ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا فَيُسْحِتَكُم بِعَذَابٍ ۖ وَقَدْ خَابَ مَنِ ٱفْتَرَىٰ ﴿٦١﴾

61. Wathi kubo uMusa: "Qaphelani, ningalinge niqambele u Allah amanga funa anibhubhise ngesijeziso. Futhi akazuzi lutho lowo oqamba amanga.

فَتَنَٰزَعُوٓا۟ أَمْرَهُم بَيْنَهُمْ وَأَسَرُّوا۟ ٱلنَّجْوَىٰ ﴿٦٢﴾

62. Baphikisana bodwa ngodaba lwabo futhi babhunga ngasese.

قَالُوٓا۟ إِنْ هَٰذَٰنِ لَسَٰحِرَٰنِ يُرِيدَانِ أَن يُخْرِجَاكُم مِّنْ أَرْضِكُم بِسِحْرِهِمَا وَيَذْهَبَا بِطَرِيقَتِكُمُ ٱلْمُثْلَىٰ ﴿٦٣﴾

63. Bathi: "Nembala, laba bobabili abalumbi; bafuna ukunikhipha endaweni yenu ngemilingo yabo baphinde baniphuce usiko lwenu olusezingeni.

فَأَجْمِعُوا۟ كَيْدَكُمْ ثُمَّ ٱئْتُوا۟ صَفًّا ۚ وَقَدْ أَفْلَحَ ٱلْيَوْمَ مَنِ ٱسْتَعْلَىٰ ﴿٦٤﴾

64. Ngakhoke, hlanganisani isu lenu bese nima imigqa. Uyohlabana namhlanje lowo oyodla ubhedu.

قَالُوا۟ يَٰمُوسَىٰٓ إِمَّآ أَن تُلْقِىَ وَإِمَّآ أَن نَّكُونَ أَوَّلَ مَنْ أَلْقَىٰ ﴿٦٥﴾

65. Bathi: "Musa, ungajikijela noma kube yithi esijikijela kuqala".

66. Wathi: "Cha jikijelani nina". Kwaba usebona izintambo zabo nezinduku zabo ongathi ziyahamba ngenxa yomlingo wabo.

قَالَ بَلْ أَلْقُوا۟ ۖ فَإِذَا حِبَالُهُمْ وَعِصِيُّهُمْ يُخَيَّلُ إِلَيْهِ مِن سِحْرِهِمْ أَنَّهَا تَسْعَىٰ ﴿٦٦﴾

67. Wazizwa uMusa engenwa itwetwe.

فَأَوْجَسَ فِى نَفْسِهِۦ خِيفَةً مُّوسَىٰ ﴿٦٧﴾

68. Sathi: "Ungesabi ngokuba nguwena oyodla ubhedu [ozonqoba]".

قُلْنَا لَا تَخَفْ إِنَّكَ أَنتَ ٱلْأَعْلَىٰ ﴿٦٨﴾

69. Jikijela lokho okusesandleni sakho sokudla, kuyogwinya konke lokhu abakwenzile. Phela lokhu abakwkenzile itulo nje lomlumbi; futhi akukho lapho umlumbi aphumelela khona.

وَأَلْقِ مَا فِى يَمِينِكَ تَلْقَفْ مَا صَنَعُوٓا۟ ۖ إِنَّمَا صَنَعُوا۟ كَيْدُ سَٰحِرٍ ۖ وَلَا يُفْلِحُ ٱلسَّاحِرُ حَيْثُ أَتَىٰ ﴿٦٩﴾

70. Abalumbi bawa ngobuso bekhothama, bathi: "Siyakholelwa eNkosini kaHaruni noMusa".

فَأُلْقِىَ ٱلسَّحَرَةُ سُجَّدًا قَالُوٓا۟ ءَامَنَّا بِرَبِّ هَٰرُونَ وَمُوسَىٰ ﴿٧٠﴾

71. Wathi [uFirawuni]: "Nimkholwa kanjani ngingakaniphi imvumo na? Okusho ukuthi nguyena impela ubongoza wenu onifundise umlingo. Ngizonigenca izandla nemilenze ngokuphambana bese nginibethelela eziqwini zamasundu; niyokwazi-ke ukuthi ngubani phakathi kwethu onesijeziso esinzima nesiyohlala sikhona".

قَالَ ءَامَنتُمْ لَهُۥ قَبْلَ أَنْ ءَاذَنَ لَكُمْ ۖ إِنَّهُۥ لَكَبِيرُكُمُ ٱلَّذِى عَلَّمَكُمُ ٱلسِّحْرَ ۖ فَلَأُقَطِّعَنَّ أَيْدِيَكُمْ وَأَرْجُلَكُم مِّنْ خِلَٰفٍ وَلَأُصَلِّبَنَّكُمْ فِى جُذُوعِ ٱلنَّخْلِ وَلَتَعْلَمُنَّ أَيُّنَآ أَشَدُّ عَذَابًا وَأَبْقَىٰ ﴿٧١﴾

72. Bathi [abalumbi]: "Asisoze sakhetha wena kuna lezibonakaliso ezifike kithi naloyo osidalile. Yehlulela okwehlulelayo; phela wehlulela kuphela empilweni yasemhlabeni".

قَالُوا۟ لَن نُّؤْثِرَكَ عَلَىٰ مَا جَآءَنَا مِنَ ٱلْبَيِّنَٰتِ وَٱلَّذِى فَطَرَنَا ۖ فَٱقْضِ مَآ أَنتَ قَاضٍ ۖ إِنَّمَا تَقْضِى هَٰذِهِ ٱلْحَيَوٰةَ ٱلدُّنْيَآ ﴿٧٢﴾

73. Thina sikholelwe eNkosini yethu ukuze isithethelele izimpambuko zethu kanye nalokho kwemilingo osiphoqelele kukho. Futhi u Allah nguyena ongcono noyohlala ekhona.

إِنَّآ ءَامَنَّا بِرَبِّنَا لِيَغْفِرَ لَنَا خَطَٰيَٰنَا وَمَآ أَكْرَهْتَنَا عَلَيْهِ مِنَ ٱلسِّحْرِ ۗ وَٱللَّهُ خَيْرٌ وَأَبْقَىٰٓ ﴿٧٣﴾

74. Nebala, loyo oyofika eNkosini yakhe enecala [lokungakholwa]; uyothola iJahanamu, akayikufa kuyo noma aphile.

إِنَّهُۥ مَن يَأْتِ رَبَّهُۥ مُجْرِمًا فَإِنَّ لَهُۥ جَهَنَّمَ لَا يَمُوتُ فِيهَا وَلَا يَحْيَىٰ ﴿٧٤﴾

75. Kepha loyo oyofika kuYo engokholwayo enze nezenzo ezinhle; labo bayothola izigaba eziphezulu.

وَمَن يَأْتِهِۦ مُؤْمِنًا قَدْ عَمِلَ ٱلصَّٰلِحَٰتِ فَأُو۟لَٰٓئِكَ لَهُمُ ٱلدَّرَجَٰتُ ٱلْعُلَىٰ ﴿٧٥﴾

76. Izivande zaphakade okugeleza ezansi kwazo imifula, bahlale kuzo unaphakade. Lowo umvuzo walowo oziphathe kahle.

جَنَّٰتُ عَدْنٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۚ وَذَٰلِكَ جَزَٰٓؤُا۟ مَن تَزَكَّىٰ ﴿٧٦﴾

77. Futhi sembulela kuMusa ukuthi: "Hamba nezigqila zami ubasheyele indlela eyomile olwandle, ungesabi ukuficwa [uFirawuni] futhi ungabi novalo [lokuminza].

وَلَقَدْ أَوْحَيْنَآ إِلَىٰ مُوسَىٰٓ أَنْ أَسْرِ بِعِبَادِى فَٱضْرِبْ لَهُمْ طَرِيقًا فِى ٱلْبَحْرِ يَبَسًا لَّا تَخَٰفُ دَرَكًا وَلَا تَخْشَىٰ ﴿٧٧﴾

78. uFirawuni nebutho lakhe babalandela, kepha bambozwa amanzi lawo amamboza.

فَأَتْبَعَهُمْ فِرْعَوْنُ بِجُنُودِهِۦ فَغَشِيَهُم مِّنَ ٱلْيَمِّ مَا غَشِيَهُمْ ﴿٧٨﴾

79. uFirawuni wabadukisa abantu bakhe, futhi akababholelanga endleleni eqondile.

وَأَضَلَّ فِرْعَوْنُ قَوْمَهُۥ وَمَا هَدَىٰ ﴿٧٩﴾

80. Sizwe sakwa Isirayeli, nebala sanihlenga esitheni senu futhi sanibekela isikhathi

يَٰبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ قَدْ أَنجَيْنَٰكُم مِّنْ عَدُوِّكُمْ وَوَٰعَدْنَٰكُمْ جَانِبَ

sokuhlangana ngasohlangothi lwesokudla entabeni iTuri. Futhi sanehlisela imana nezigwaca.

81. Dlanini kokumsulwa [okuhlanzekile] esinabele kona futhi ningabe seniphula imithetho kukho, funa nehlelwe ulaka lwaMi. Kantike lowo owehlelwa ulaka lwaMi, impela usuke esebhubhile.

82. Futhi impela Ngingothethelelayo kulowo ozisolayo bese ekholwa enze izenzo ezinhle azimelele endleleni eqondile.

83. Musa, yini lena ekwenze usheshe ufike ngaphambi kwabantu bakho na?

84. Wathi: "Labo basezithendeni zami; ngisheshe ukufika kuWe Nkosi yami ukuze uthokoze".

85. Wathi [u Allah]: "Impela sibalingile abantu bakho emuva kokuba usuhambile futhi uSamiri ubadukisile".

86. Wabuyela ebantwini bakhe uMusa ecasukile elusizi. Wathi: [Bantu bakithi, ingabe iNkosi yenu ayizange yini inithembise isithembiso esihle na? Ingabe sibe side isikhathi kini [nadineka] noma nifune ukuba nehlelwe ulaka oluvela eNkosini yenu, kungakho ningasigcinanga isivumelwano sami na?

ٱلطُّورِ ٱلْأَيْمَنَ وَنَزَّلْنَا عَلَيْكُمُ ٱلْمَنَّ وَٱلسَّلْوَىٰ ﴿٨٠﴾

كُلُوا۟ مِن طَيِّبَٰتِ مَا رَزَقْنَٰكُمْ وَلَا تَطْغَوْا۟ فِيهِ فَيَحِلَّ عَلَيْكُمْ غَضَبِى ۖ وَمَن يَحْلِلْ عَلَيْهِ غَضَبِى فَقَدْ هَوَىٰ ﴿٨١﴾

وَإِنِّى لَغَفَّارٌ لِّمَن تَابَ وَءَامَنَ وَعَمِلَ صَٰلِحًا ثُمَّ ٱهْتَدَىٰ ﴿٨٢﴾

* وَمَآ أَعْجَلَكَ عَن قَوْمِكَ يَٰمُوسَىٰ ﴿٨٣﴾

قَالَ هُمْ أُو۟لَآءِ عَلَىٰٓ أَثَرِى وَعَجِلْتُ إِلَيْكَ رَبِّ لِتَرْضَىٰ ﴿٨٤﴾

قَالَ فَإِنَّا قَدْ فَتَنَّا قَوْمَكَ مِنۢ بَعْدِكَ وَأَضَلَّهُمُ ٱلسَّامِرِىُّ ﴿٨٥﴾

فَرَجَعَ مُوسَىٰٓ إِلَىٰ قَوْمِهِۦ غَضْبَٰنَ أَسِفًا ۚ قَالَ يَٰقَوْمِ أَلَمْ يَعِدْكُمْ رَبُّكُمْ وَعْدًا حَسَنًا ۚ أَفَطَالَ عَلَيْكُمُ ٱلْعَهْدُ أَمْ أَرَدتُّمْ أَن يَحِلَّ عَلَيْكُمْ غَضَبٌ مِّن رَّبِّكُمْ فَأَخْلَفْتُم مَّوْعِدِى ﴿٨٦﴾

87. Bathi: "Asisiphulanga isivumelwano sakho ngokwethu. Kepha sithweswe imigodla bobucwebe babantu [bakaFirawuni] sayintshinga [emlilweni]. Kanjalo noSamiri waphonsela phakathi [ayekuphethe]".

قَالُوا۟ مَآ أَخْلَفْنَا مَوْعِدَكَ بِمَلْكِنَا وَلَٰكِنَّا حُمِّلْنَآ أَوْزَارًا مِّن زِينَةِ ٱلْقَوْمِ فَقَذَفْنَٰهَا فَكَذَٰلِكَ أَلْقَى ٱلسَّامِرِىُّ ﴿٨٧﴾

88. Wabakhiqizela umzimba wethole owawubhongisa okwenkomo, base bethi: "Nguye lona okumele nimkhonza nina noMusa kepha wakhohlwa".

فَأَخْرَجَ لَهُمْ عِجْلًا جَسَدًا لَّهُۥ خُوَارٌ فَقَالُوا۟ هَٰذَآ إِلَٰهُكُمْ وَإِلَٰهُ مُوسَىٰ فَنَسِىَ ﴿٨٨﴾

89. Ingabe ababoni yini ukuthi alikwazi ukubaphendula futhi alikwazi ukubalimaza noma ukubazuzisa ngalutho.

أَفَلَا يَرَوْنَ أَلَّا يَرْجِعُ إِلَيْهِمْ قَوْلًا وَلَا يَمْلِكُ لَهُمْ ضَرًّا وَلَا نَفْعًا ﴿٨٩﴾

90. Futhi uHaruni wayekade ethe kubo phambilini: "Bantu bakithi, niyalingwa ngalo [ithole]. Impela iNkosi yenu ngoNomusa. Ngakhoke landelani mina futhi nilalele imiyalelo yami".

وَلَقَدْ قَالَ لَهُمْ هَٰرُونُ مِن قَبْلُ يَٰقَوْمِ إِنَّمَا فُتِنتُم بِهِۦ ۖ وَإِنَّ رَبَّكُمُ ٱلرَّحْمَٰنُ فَٱتَّبِعُونِى وَأَطِيعُوٓا۟ أَمْرِى ﴿٩٠﴾

91. Bathi: "Siyolokhu sihleli kulo silindile kuze uyabuya kithi uMusa".

قَالُوا۟ لَن نَّبْرَحَ عَلَيْهِ عَٰكِفِينَ حَتَّىٰ يَرْجِعَ إِلَيْنَا مُوسَىٰ ﴿٩١﴾

92. Wathi [uMusa]: "Haruni, lapho ubabona beduka, yini ekuvimbile...?"

قَالَ يَٰهَٰرُونُ مَا مَنَعَكَ إِذْ رَأَيْتَهُمْ ضَلُّوٓا۟ ﴿٩٢﴾

93. Ekutheni ungilandele, ingabe nawe wephule umyalelo wami na?

أَلَّا تَتَّبِعَنِ ۖ أَفَعَصَيْتَ أَمْرِى ﴿٩٣﴾

94. Wathi [uHaruni]: "Mtakamama, musa ungidonsa ngetshebe yami nangekhanda lami. Ngisabe ukuthi uzothi: - uhlakaze isizwe sakwa Isirayeli futhi wangawagcina amazwi ami".

قَالَ يَبْنَؤُمَّ لَا تَأْخُذْ بِلِحْيَتِي وَلَا بِرَأْسِيٓ ۖ إِنِّي خَشِيتُ أَن تَقُولَ فَرَّقْتَ بَيْنَ بَنِيٓ إِسْرَٰٓءِيلَ وَلَمْ تَرْقُبْ قَوْلِي ﴿٩٤﴾

95. Wathi [uMusa]: "Yini ngawe weSamiri?"

قَالَ فَمَا خَطْبُكَ يَٰسَٰمِرِيُّ ﴿٩٥﴾

96. Wathi: "Ngibone abangakubonanga, ngase ngicaphuna ezinyathelweni zeSithunywa ngakuthela [ebucwebeni obebushiswa]. Ungiyenge kanjalo umphefumulo wami".

قَالَ بَصُرْتُ بِمَا لَمْ يَبْصُرُوا۟ بِهِۦ فَقَبَضْتُ قَبْضَةً مِّنْ أَثَرِ ٱلرَّسُولِ فَنَبَذْتُهَا وَكَذَٰلِكَ سَوَّلَتْ لِي نَفْسِي ﴿٩٦﴾

97. Wathi [uMusa]: "Hamba, ngokuba empilweni yakho kuyomele uthi – 'ningangithinti' – futhi unesikhathi sakho ongeke waphuthiswa sona [kwelizayo]. Futhi buka lesi sikhonzwa sakho obuzinze kuso, sizosishisa bese sisifaza emanzini".

قَالَ فَٱذْهَبْ فَإِنَّ لَكَ فِى ٱلْحَيَوٰةِ أَن تَقُولَ لَا مِسَاسَ ۖ وَإِنَّ لَكَ مَوْعِدًا لَّن تُخْلَفَهُۥ ۖ وَٱنظُرْ إِلَىٰٓ إِلَٰهِكَ ٱلَّذِى ظَلْتَ عَلَيْهِ عَاكِفًا ۖ لَّنُحَرِّقَنَّهُۥ ثُمَّ لَنَنسِفَنَّهُۥ فِى ٱلْيَمِّ نَسْفًا ﴿٩٧﴾

98. Impela okunguyena enimele nimkhonze ngu Allah kuphela, Lona okungafanele kukhonzwe okunye ngaphandle kwaKhe. Ulwazi lwaKhe lwengamele yonke into.

إِنَّمَآ إِلَٰهُكُمُ ٱللَّهُ ٱلَّذِى لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ۚ وَسِعَ كُلَّ شَىْءٍ عِلْمًا ﴿٩٨﴾

99. Sikulandisela kanjalo izindaba zalokho osekwandlula. Futhi sikuphe isikhumbuzo esivela kithi [iKurani].

كَذَٰلِكَ نَقُصُّ عَلَيْكَ مِنْ أَنۢبَآءِ مَا قَدْ سَبَقَ ۚ وَقَدْ ءَاتَيْنَٰكَ مِن لَّدُنَّا ذِكْرًا ﴿٩٩﴾

مَّنْ أَعْرَضَ عَنْهُ فَإِنَّهُۥ يَحْمِلُ يَوْمَ ٱلْقِيَـٰمَةِ وِزْرًا ﴿١٠٠﴾

100. Lowo oyishaya indiva, uyothwala icala ngoSuku lokwahlulela.

خَـٰلِدِينَ فِيهِ ۖ وَسَآءَ لَهُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَـٰمَةِ حِمْلًا ﴿١٠١﴾

101. Uyohlala kuso [isijeziso] unaphakade. Waze wamubi umthwalo wabo ngoSuku lokwahlulela.

يَوْمَ يُنفَخُ فِى ٱلصُّورِ ۚ وَنَحْشُرُ ٱلْمُجْرِمِينَ يَوْمَئِذٍ زُرْقًا ﴿١٠٢﴾

102. Ngosuku lapho kuyoshaywa icilongo; siyobuthanisa abanamacala ngalolo suku beluhlaza [isibhakabhaka].

يَتَخَـٰفَتُونَ بَيْنَهُمْ إِن لَّبِثْتُمْ إِلَّا عَشْرًا ﴿١٠٣﴾

103. Bayokhulumela phansi phakathi kwabo [bathi]: "Nihlale [izinsuku] eziyishumi kuphela".

نَّحْنُ أَعْلَمُ بِمَا يَقُولُونَ إِذْ يَقُولُ أَمْثَلُهُمْ طَرِيقَةً إِن لَّبِثْتُمْ إِلَّا يَوْمًا ﴿١٠٤﴾

104. Thina sikwazi kahle lokho abakushoyo lapho ethi lowo ongathi ukhaliphile kubo: "Cha, nihlale nje usuku kuphela".

وَيَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلْجِبَالِ فَقُلْ يَنسِفُهَا رَبِّى نَسْفًا ﴿١٠٥﴾

105. Futhi bakubuza ngezintaba. Yithi: "iNkosi yami iyoziphushula zibe impuqumpuqu".

فَيَذَرُهَا قَاعًا صَفْصَفًا ﴿١٠٦﴾

106. Uyowushiya [umhlaba] uyithafa eliyisicaba elibushelelezi.

لَّا تَرَىٰ فِيهَا عِوَجًا وَلَآ أَمْتًا ﴿١٠٧﴾

107. Angeke ubone kugwemba noma ukuba magwici kuwo.

يَوْمَئِذٍ يَتَّبِعُونَ ٱلدَّاعِىَ لَا عِوَجَ لَهُۥ ۖ وَخَشَعَتِ ٱلْأَصْوَاتُ لِلرَّحْمَـٰنِ فَلَا تَسْمَعُ إِلَّا هَمْسًا ﴿١٠٨﴾

108. Ngalolo suku bayolandela isigijimi esingenakugwemba. Futhi amazwi ayomthulela Onomusa, ngeke uzwe lutho ngaphandle nje kokuhlebezela.

يَوْمَئِذٍ لَّا تَنفَعُ ٱلشَّفَٰعَةُ إِلَّا مَنْ أَذِنَ لَهُ ٱلرَّحْمَٰنُ وَرَضِيَ لَهُۥ قَوْلًا ﴿١٠٩﴾

109. Ngalolo suku akukho kushweleza okuyoba usizo, ngaphandle okwalowo oyovunyelwa Onomusa aphinde akuthakasele ukuba akhulume.

يَعْلَمُ مَا بَيْنَ أَيْدِيهِمْ وَمَا خَلْفَهُمْ وَلَا يُحِيطُونَ بِهِۦ عِلْمًا ﴿١١٠﴾

110. Wazi konke okungaphambi kwabo [okuzayo] nokusemuva kwabo [okwendlule], kepha bona abasoze bazi konke ngaYe.

* وَعَنَتِ ٱلْوُجُوهُ لِلْحَيِّ ٱلْقَيُّومِ ۖ وَقَدْ خَابَ مَنْ حَمَلَ ظُلْمًا ﴿١١١﴾

111. Ubuso nobuso buyomthobela Ophilayo Ongumnakekeli. Futhi lowo oyobe ethwele impambuko [ukungakholwa] akasoze aphumelela.

وَمَن يَعْمَلْ مِنَ ٱلصَّٰلِحَٰتِ وَهُوَ مُؤْمِنٌ فَلَا يَخَافُ ظُلْمًا وَلَا هَضْمًا ﴿١١٢﴾

112. Futhi lowo owenza izenze ezinhle ebe engokholwayo, akayikuwesaba okungekona ubulungiswa noma ukuncishiselwa [umvuzo].

وَكَذَٰلِكَ أَنزَلْنَٰهُ قُرْءَانًا عَرَبِيًّا وَصَرَّفْنَا فِيهِ مِنَ ٱلْوَعِيدِ لَعَلَّهُمْ يَتَّقُونَ أَوْ يُحْدِثُ لَهُمْ ذِكْرًا ﴿١١٣﴾

113. Siyembulele kanjalo iyiKurani yesi Arabhu sacacisa kuyo ezinye zezijeziso, hlele bapheze noma ibakhumbuze ngandlela thize.

فَتَعَٰلَى ٱللَّهُ ٱلْمَلِكُ ٱلْحَقُّ ۗ وَلَا تَعْجَلْ بِٱلْقُرْءَانِ مِن قَبْلِ أَن يُقْضَىٰٓ إِلَيْكَ وَحْيُهُۥ ۖ وَقُل رَّبِّ زِدْنِى عِلْمًا ﴿١١٤﴾

114. Makaphakanyiswe uAllah, iNkosi yeQiniso. Ungajahi ukufunda iKurani kungaphothulwa ukuyembulela kuwe [Muhamadi]. Futhi yithi:"Nkosi yami ngandisele ulwazi".

وَلَقَدْ عَهِدْنَآ إِلَىٰٓ ءَادَمَ مِن قَبْلُ فَنَسِىَ وَلَمْ نَجِدْ لَهُۥ عَزْمًا ﴿١١٥﴾

115. Impela senza isivumelwano no Adamu phambilini. Kepha wakhohlwa futhi asimtholanga enokuzimisela.

وَإِذْ قُلْنَا لِلْمَلَٰٓئِكَةِ ٱسْجُدُوا۟ لِءَادَمَ فَسَجَدُوٓا۟ إِلَّآ إِبْلِيسَ أَبَىٰ ﴿١١٦﴾

116. Khumbula mhla sithi kuzingelosi: "Khothamelani u Adamu niwe ngobuso; zakhothama ngaphandle kuka Ibilisi, yena wala".

فَقُلْنَا يَٰٓـَٔادَمُ إِنَّ هَٰذَا عَدُوٌّ لَّكَ وَلِزَوْجِكَ فَلَا يُخْرِجَنَّكُمَا مِنَ ٱلْجَنَّةِ فَتَشْقَىٰٓ ﴿١١٧﴾

117. Sathi: "Adamu, nebala lona isitha sakho nomkakho; makanganikhiphi-ke eJana funa nisokole".

إِنَّ لَكَ أَلَّا تَجُوعَ فِيهَا وَلَا تَعْرَىٰ ﴿١١٨﴾

118. Ngokuba awusoze walamba noma uhambaze kuyo.

وَأَنَّكَ لَا تَظْمَؤُا۟ فِيهَا وَلَا تَضْحَىٰ ﴿١١٩﴾

119. Futhi awusoze wonywa noma ushiswe yilanga kuyo.

فَوَسْوَسَ إِلَيْهِ ٱلشَّيْطَٰنُ قَالَ يَٰٓـَٔادَمُ هَلْ أَدُلُّكَ عَلَىٰ شَجَرَةِ ٱلْخُلْدِ وَمُلْكٍ لَّا يَبْلَىٰ ﴿١٢٠﴾

120. uShayitani wamhlebela wathi: "Adamu, kunganjani ngikukhombise isihlahla saphakade nobukhosi obungapheli na?"

فَأَكَلَا مِنْهَا فَبَدَتْ لَهُمَا سَوْءَٰتُهُمَا وَطَفِقَا يَخْصِفَانِ عَلَيْهِمَا مِن وَرَقِ ٱلْجَنَّةِ ۚ وَعَصَىٰٓ ءَادَمُ رَبَّهُۥ فَغَوَىٰ ﴿١٢١﴾

121. Badla kuso [isihlahla] babanqunu, baqala ukuzimboza ngamacembe aseJana. U Adamu wawuphula umyalelo weNkosi yakhe waphambuka.

ثُمَّ ٱجْتَبَٰهُ رَبُّهُۥ فَتَابَ عَلَيْهِ وَهَدَىٰ ﴿١٢٢﴾

122. Emuva kwalokho yamqoka iNkosi yakhe yamthethelela yamholela endleleni eqondile.

قَالَ ٱهْبِطَا مِنْهَا جَمِيعًۢا ۖ بَعْضُكُمْ لِبَعْضٍ عَدُوٌّ ۖ فَإِمَّا يَأْتِيَنَّكُم مِّنِّى هُدًى فَمَنِ ٱتَّبَعَ هُدَاىَ فَلَا يَضِلُّ وَلَا يَشْقَىٰ ﴿١٢٣﴾

123. Wathi [u Allah]: "Yehlani kuyo nonke; abanye benu bayoba izitha kwabanye. Ngakhoke uma kufika kini ukukhanya okuvela kiMi; lowo oyolandela ukukhanya kwaMi angeke aduka futhi angeke abe nesiphetho esibi.

124. Kepha lowo ofulathela isikhumbuzo saMi; uyoba nempilo enzima. Futhi siyomvusa ngoSuku lokwahlulela eyimpumputhe.

وَمَنْ أَعْرَضَ عَن ذِكْرِى فَإِنَّ لَهُۥ مَعِيشَةً ضَنكًا وَنَحْشُرُهُۥ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ أَعْمَىٰ ﴿١٢٤﴾

125. Uyothi: "Kungani ungivuse ngingaboni na, ngibe bengibona [phambilini] na?"

قَالَ رَبِّ لِمَ حَشَرْتَنِىٓ أَعْمَىٰ وَقَدْ كُنتُ بَصِيرًا ﴿١٢٥﴾

126. Uyothi [u Allah]: "Kanjalo yafika kuwe imibiko yeThu kepha wayingayinaka. Kanjalo-ke nawe namhlanje awuyikunakwa".

قَالَ كَذَٰلِكَ أَتَتْكَ ءَايَٰتُنَا فَنَسِيتَهَا ۖ وَكَذَٰلِكَ ٱلْيَوْمَ تُنسَىٰ ﴿١٢٦﴾

127. Simjezisa kanjalo lowo ophula umthetho ebe engakholwa imibiko yeNkosi yakhe. Futhi isijeziso sakwelizayo sinzima futhi sihlala sikhona.

وَكَذَٰلِكَ نَجْزِى مَنْ أَسْرَفَ وَلَمْ يُؤْمِنۢ بِـَٔايَٰتِ رَبِّهِۦ ۚ وَلَعَذَابُ ٱلْءَاخِرَةِ أَشَدُّ وَأَبْقَىٰٓ ﴿١٢٧﴾

128. Ingabe ababonanga yini ukuthi maningi kanjani abezinye izizwe abahamba ezindaweni zabo esababhubhisa ngaphambi kwabo. Impela kulokho kunezibonakaliso kulabo abakhaliphile.

أَفَلَمْ يَهْدِ لَهُمْ كَمْ أَهْلَكْنَا قَبْلَهُم مِّنَ ٱلْقُرُونِ يَمْشُونَ فِى مَسَٰكِنِهِمْ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّأُو۟لِى ٱلنُّهَىٰ ﴿١٢٨﴾

129. Ukube bekungesiso isinqumo esibekiwe esivela eNkosini yakho [sokudondisa isijeziso] nesikhathi esibekiwe, besizobehlela [isijeziso besasemhlabeni].

وَلَوْلَا كَلِمَةٌ سَبَقَتْ مِن رَّبِّكَ لَكَانَ لِزَامًا وَأَجَلٌ مُّسَمًّى ﴿١٢٩﴾

فَٱصۡبِرۡ عَلَىٰ مَا يَقُولُونَ وَسَبِّحۡ بِحَمۡدِ رَبِّكَ قَبۡلَ طُلُوعِ ٱلشَّمۡسِ وَقَبۡلَ غُرُوبِهَاۖ وَمِنۡ ءَانَآيِٕ ٱلَّيۡلِ فَسَبِّحۡ وَأَطۡرَافَ ٱلنَّهَارِ لَعَلَّكَ تَرۡضَىٰ ﴿١٣٠﴾

130. Ngakho-ke kubekezelele lokho abakushoyo ubabaze udumo lweNkosi yakho ngaphambi kokuphuma kwelanga nangaphambi kokuba lishone. Nangezikhathi zakusihlwa, mbabaze. Nasemaphethelweni emini hleze uthokoze.

وَلَا تَمُدَّنَّ عَيۡنَيۡكَ إِلَىٰ مَا مَتَّعۡنَا بِهِۦٓ أَزۡوَٰجٗا مِّنۡهُمۡ زَهۡرَةَ ٱلۡحَيَوٰةِ ٱلدُّنۡيَا لِنَفۡتِنَهُمۡ فِيهِۚ وَرِزۡقُ رَبِّكَ خَيۡرٞ وَأَبۡقَىٰ ﴿١٣١﴾

131. Futhi amehlo mawangalangezeleli lokho esikwabele labo abafana nabo [abangakholwa], okungubukhazikhazi bempilo yasemhlabeni ukuze sibavivinye ngakho. Futhi isabelo seNkosi yakho singcono futhi sihlala sikhona.

وَأۡمُرۡ أَهۡلَكَ بِٱلصَّلَوٰةِ وَٱصۡطَبِرۡ عَلَيۡهَاۖ لَا نَسۡـَٔلُكَ رِزۡقٗاۖ نَّحۡنُ نَرۡزُقُكَۗ وَٱلۡعَٰقِبَةُ لِلتَّقۡوَىٰ ﴿١٣٢﴾

132. Yalela umndeni wakho ngeswala ubambelele kuyo. Asikuceli sondlo; yithina esikondlayo. Futhi isiphetho esalabo abathobela u Allah.

وَقَالُواْ لَوۡلَا يَأۡتِينَا بِـَٔايَةٖ مِّن رَّبِّهِۦٓۚ أَوَلَمۡ تَأۡتِهِم بَيِّنَةُ مَا فِي ٱلصُّحُفِ ٱلۡأُولَىٰ ﴿١٣٣﴾

133. Bathi: "Kungani engasiletheli isibonakaliso esivela eNkosi yakhe na?" Abuzange yini bufike kubo ubufakazi obabuqukethwe iMibhalo yasendulo na?

وَلَوۡ أَنَّآ أَهۡلَكۡنَٰهُم بِعَذَابٖ مِّن قَبۡلِهِۦ لَقَالُواْ رَبَّنَا لَوۡلَآ أَرۡسَلۡتَ إِلَيۡنَا رَسُولٗا فَنَتَّبِعَ ءَايَٰتِكَ مِن قَبۡلِ أَن نَّذِلَّ وَنَخۡزَىٰ ﴿١٣٤﴾

134. Ukube sababhubhisa ngesijeziso ngaphambi kwaso [iSithunywa], bebezothi: "Nkosi yethu, okungenani ngabe uthumele iSithunywa kithi ukuze silandele imibiko yaKho anduba siphoxeke noma sihlazeke".

135. Yithi: "Bonke balindele, ngakhoke nani lindani, kungekudala niyokwazi ukuthi ngobani abasendleleni eqondile nalabala abasekukhanyeni".

قُلْ كُلٌّ مُّتَرَبِّصٌ فَتَرَبَّصُوا۟ ۖ فَسَتَعْلَمُونَ
مَنْ أَصْحَٰبُ ٱلصِّرَٰطِ ٱلسَّوِىِّ وَمَنِ
ٱهْتَدَىٰ ﴿١٣٥﴾

(21) SURA AMBIYA IZITHUNYWA

سُورَةُ الأَنبِيَاءِ

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

ٱقْتَرَبَ لِلنَّاسِ حِسَابُهُمْ وَهُمْ فِى غَفْلَةٍ مُّعْرِضُونَ ﴿١﴾

1. Ukuhlulelwa kwabantu sekusondele kulapho bona benganakile bengenandaba.

مَا يَأْتِيهِم مِّن ذِكْرٍ مِّن رَّبِّهِم مُّحْدَثٍ إِلَّا ٱسْتَمَعُوهُ وَهُمْ يَلْعَبُونَ ﴿٢﴾

2. Konke okuvela eNkosini yabo okuyimvuselelo yesikhumbuzo, bakulalela bedlala.

لَاهِيَةً قُلُوبُهُمْ ۗ وَأَسَرُّوا۟ ٱلنَّجْوَى ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ هَلْ هَٰذَآ إِلَّا بَشَرٌ مِّثْلُكُمْ ۖ أَفَتَأْتُونَ ٱلسِّحْرَ وَأَنتُمْ تُبْصِرُونَ ﴿٣﴾

3. Izinhliziyo zabo zinganakile. Futhi labo abaphambukile babhunga ngasese [bathi]: "Lona ngumuntu ofana nje nani. Pho niya kanjani kumlimgo nibe nibhekile na?"

قَالَ رَبِّى يَعْلَمُ ٱلْقَوْلَ فِى ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ ۖ وَهُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٤﴾

4. Wathi: "iNkosi yami ikwazikonke okushiwoyo ezulwini nasemhlabeni. Nguyena Ongozwayo Owaziyo".

بَلْ قَالُوٓا۟ أَضْغَٰثُ أَحْلَٰمٍ بَلِ ٱفْتَرَىٰهُ بَلْ هُوَ شَاعِرٌ فَلْيَأْتِنَا بِـَٔايَةٍ كَمَآ أُرْسِلَ ٱلْأَوَّلُونَ ﴿٥﴾

5. Kepha bathi: " [iKurani] imbudane nje yamaphupho; empeleni [uMuhamadi] uziqambele yona kokunye uyimbongi [eqamba izinkondlo]. Makasilethele isibonakaliso njengoba kwenza iZithunywa zaphambilini".

مَآ ءَامَنَتْ قَبْلَهُم مِّن قَرْيَةٍ أَهْلَكْنَٰهَا ۖ أَفَهُمْ يُؤْمِنُونَ ﴿٦﴾

6. Ezinye zezizwe ezingakholwanga ngaphambi kwabo, sazibhubhisa. Ingabe bona bazokholwa na?

7. Futhi sathumela ngaphambi kwakho amadoda [ayiZithunywa] ebesembulela kuwo. Ngakhoke buzani labo abanolwazi uma ningazi.

وَمَآ أَرۡسَلۡنَا قَبۡلَكَ إِلَّا رِجَالٗا نُّوحِيٓ إِلَيۡهِمۡۖ فَسۡـَٔلُوٓاْ أَهۡلَ ٱلذِّكۡرِ إِن كُنتُمۡ لَا تَعۡلَمُونَ ٧

8. Futhi asibenzanga izidumbu nje ezingadli ukudla futhi abaphilanga ubaphakade.

وَمَا جَعَلۡنَٰهُمۡ جَسَدٗا لَّا يَأۡكُلُونَ ٱلطَّعَامَ وَمَا كَانُواْ خَٰلِدِينَ ٨

9. Futhi sasigcina isithembiso sabo sabahlenga nalabo esibathandayo sabhubhisa labo abephula umthetho.

ثُمَّ صَدَقۡنَٰهُمُ ٱلۡوَعۡدَ فَأَنجَيۡنَٰهُمۡ وَمَن نَّشَآءُ وَأَهۡلَكۡنَا ٱلۡمُسۡرِفِينَ ٩

10. Nebala sinilethele iNcwadi enodumo lwenu, kungani ningaqondi na?

لَقَدۡ أَنزَلۡنَآ إِلَيۡكُمۡ كِتَٰبٗا فِيهِ ذِكۡرُكُمۡۖ أَفَلَا تَعۡقِلُونَ ١٠

11. Ziningi izizwe ezaziphambukile esazibhubhisa sazishabalalisa. Sadala abanye abantu emuva kwazo.

وَكَمۡ قَصَمۡنَا مِن قَرۡيَةٖ كَانَتۡ ظَالِمَةٗ وَأَنشَأۡنَا بَعۡدَهَا قَوۡمًا ءَاخَرِينَ ١١

12. Kuthe lapho bebona isijeziso seThu esinzima, bateta izithende emhlane [babaleka].

فَلَمَّآ أَحَسُّواْ بَأۡسَنَآ إِذَا هُم مِّنۡهَا يَرۡكُضُونَ ١٢

13. Ningabaleki, buyelani kulokho ebeninetheze kukho nasemizini yenu ukuze nibuzwe.

لَا تَرۡكُضُواْ وَٱرۡجِعُوٓاْ إِلَىٰ مَآ أُتۡرِفۡتُمۡ فِيهِ وَمَسَٰكِنِكُمۡ لَعَلَّكُمۡ تُسۡـَٔلُونَ ١٣

14. Bathi: "Kuphelile ngathi ! impela singabaphambukile".

قَالُواْ يَٰوَيۡلَنَآ إِنَّا كُنَّا ظَٰلِمِينَ ١٤

15. Lokhu kwaba ukukhala kwabo saze sabenza okwesivuno bedindilizile befile.

فَمَا زَالَت تِّلۡكَ دَعۡوَىٰهُمۡ حَتَّىٰ جَعَلۡنَٰهُمۡ حَصِيدًا خَٰمِدِينَ ١٥

16. Futhi asidalanga izulu nomhlaba nokumaphakathi ngoba sidlala.

وَمَا خَلَقۡنَا ٱلسَّمَآءَ وَٱلۡأَرۡضَ وَمَا بَيۡنَهُمَا لَٰعِبِينَ ١٦

17. Ukube besifuna ukuchitha isizungu [ngokuba nengane noma umfazi] besiyomqoka kithi uqobo, kepha asisoze sakwenza.

18. Sijikijela amanga ngeqiniso liwahlakaze avane ashabalala. Futhi niyothola isijeziso ngenxa yalokho enikushoyo.

19. Bonke abasemazulwini nasemhlabeni bangabaka Allah. Futhi labo abakuYe abazigqaji ekumkhonzeni futhi abadineki.

20. Bambabaza ubusuku nemini abakhathali.

21. Ingabe baziqokele izikhonzwa zasemhlabeni ezikwazi ukuvusa abafileyo na?

22. Ukube kwakukhona ezinye izikhonzwa ezulwini nasemhlabeni ngaphandle kuka Allah, kwakuyoxubana ubendle impela. Makangcweliswe u Allah iNkosi yeSihlalo kulokho amakushoyo.

23. Akabuzwa ngalokho akwenzayo, kepha bona bayobuzwa.

24. Ingabe baqoke izikhonzwa ngaphandle kwaKhe [u Allah] na? Yithi: "Lethani ubufakazi benu. Nali ulwazi ngalabo abanami [iKurani] nolwazi ngalabo abangandulelayo [iziNcwadi zaphambilini]. Empeleni abaningi kubo abalazi iqiniso, yingakho nje beshaya indiva.

لَوْ أَرَدْنَآ أَن نَّتَّخِذَ لَهْوًا لَّٱتَّخَذْنَٰهُ مِن
لَّدُنَّآ إِن كُنَّا فَٰعِلِينَ ﴿١٧﴾

بَلْ نَقْذِفُ بِٱلْحَقِّ عَلَى ٱلْبَٰطِلِ
فَيَدْمَغُهُۥ فَإِذَا هُوَ زَاهِقٌ ۚ وَلَكُمُ ٱلْوَيْلُ
مِمَّا تَصِفُونَ ﴿١٨﴾
وَلَهُۥ مَن فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ وَمَنْ
عِندَهُۥ لَا يَسْتَكْبِرُونَ عَنْ عِبَادَتِهِۦ
وَلَا يَسْتَحْسِرُونَ ﴿١٩﴾
يُسَبِّحُونَ ٱلَّيْلَ وَٱلنَّهَارَ لَا يَفْتُرُونَ ﴿٢٠﴾

أَمِ ٱتَّخَذُوٓا۟ ءَالِهَةً مِّنَ ٱلْأَرْضِ هُمْ
يُنشِرُونَ ﴿٢١﴾

لَوْ كَانَ فِيهِمَآ ءَالِهَةٌ إِلَّا ٱللَّهُ لَفَسَدَتَا ۚ
فَسُبْحَٰنَ ٱللَّهِ رَبِّ ٱلْعَرْشِ عَمَّا
يَصِفُونَ ﴿٢٢﴾

لَا يُسْـَٔلُ عَمَّا يَفْعَلُ وَهُمْ يُسْـَٔلُونَ ﴿٢٣﴾

أَمِ ٱتَّخَذُوا۟ مِن دُونِهِۦٓ ءَالِهَةً ۖ قُلْ هَاتُوا۟
بُرْهَٰنَكُمْ ۖ هَٰذَا ذِكْرُ مَن مَّعِىَ وَذِكْرُ
مَن قَبْلِى ۗ بَلْ أَكْثَرُهُمْ لَا يَعْلَمُونَ
ٱلْحَقَّ ۖ فَهُم مُّعْرِضُونَ ﴿٢٤﴾

25. Asikho iSithunywa esasithumela ngaphambi kwakho esingembulelanga kuso ukuthi: "Akekho okumele akhonze ngaphandle kwaMi, ngakhoke khonzani Mina [ngedwa]".

وَمَآ أَرۡسَلۡنَا مِن قَبۡلِكَ مِن رَّسُولٍ إِلَّا نُوحِيٓ إِلَيۡهِ أَنَّهُۥ لَآ إِلَٰهَ إِلَّآ أَنَا۠ فَٱعۡبُدُونِ ٢٥

26. Futhi bathi, Onomusa unengane. Makangcweliswe! Empeleni yizigqila ezihloniphekile [izingelosi].

وَقَالُواْ ٱتَّخَذَ ٱلرَّحۡمَٰنُ وَلَدٗاۗ سُبۡحَٰنَهُۥۚ بَلۡ عِبَادٞ مُّكۡرَمُونَ ٢٦

27. Azikhulumi engakaziphi imvumo. Futhi zenza ngokomyalelo waKhe.

لَا يَسۡبِقُونَهُۥ بِٱلۡقَوۡلِ وَهُم بِأَمۡرِهِۦ يَعۡمَلُونَ ٢٧

28. Wazi konke okungaphambi kwazo [okuzayo] nokusemuva kwazo [okwendlule]. Futhi aziyukushwelezela muntu ngaphandle kwalowo amvumele. Futhi ngenxa yokumesaba zihlala zithukile.

يَعۡلَمُ مَا بَيۡنَ أَيۡدِيهِمۡ وَمَا خَلۡفَهُمۡ وَلَا يَشۡفَعُونَ إِلَّا لِمَنِ ٱرۡتَضَىٰ وَهُم مِّنۡ خَشۡيَتِهِۦ مُشۡفِقُونَ ٢٨

29. Uma omunye wazo engathi: "Yimina okumele ningikhonze ngaphandle kwaKhe [u Allah]". Loyo siyomjezisa ngeJahanamu. Sibajezisa kanjalo abaphambukayo.

* وَمَن يَقُلۡ مِنۡهُمۡ إِنِّيٓ إِلَٰهٞ مِّن دُونِهِۦ فَذَٰلِكَ نَجۡزِيهِ جَهَنَّمَۚ كَذَٰلِكَ نَجۡزِي ٱلظَّٰلِمِينَ ٢٩

30. Ingabe laba abangakholwa ababonanga yini ukuthi amazulu nomhlaba kwakuhlangene, sakuhlukanisa. Futhi senza yonke into yaphila ngamanzi. Abakholwa ngani na?

أَوَلَمۡ يَرَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓاْ أَنَّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَ كَانَتَا رَتۡقٗا فَفَتَقۡنَٰهُمَاۖ وَجَعَلۡنَا مِنَ ٱلۡمَآءِ كُلَّ شَيۡءٍ حَيٍّۚ أَفَلَا يُؤۡمِنُونَ ٣٠

وَجَعَلْنَا فِي ٱلْأَرْضِ رَوَٰسِيَ أَن تَمِيدَ بِهِمْ وَجَعَلْنَا فِيهَا فِجَاجًا سُبُلًا لَّعَلَّهُمْ يَهْتَدُونَ ﴿٣١﴾

31. Sagxumeka izikhonkwane [izintaba] emhlabeni ukuze ungazamazami nabo. Saphinde safaka izindlela ezibanzi ukuze baholeleke.

وَجَعَلْنَا ٱلسَّمَآءَ سَقْفًا مَّحْفُوظًا ۖ وَهُمْ عَنْ ءَايَٰتِهَا مُعْرِضُونَ ﴿٣٢﴾

32. Senza isibhakabhaka uphahla oluqinile. Kepha bona abazinakile izibonakaliso zaso.

وَهُوَ ٱلَّذِي خَلَقَ ٱلَّيْلَ وَٱلنَّهَارَ وَٱلشَّمْسَ وَٱلْقَمَرَ ۖ كُلٌّ فِي فَلَكٍ يَسْبَحُونَ ﴿٣٣﴾

33. Futhi nguYena lona owadala ubusuku nemini nelanga nenyanga. Konke kuhamba emzileni [wayo].

وَمَا جَعَلْنَا لِبَشَرٍ مِّن قَبْلِكَ ٱلْخُلْدَ ۖ أَفَإِيْن مِّتَّ فَهُمُ ٱلْخَٰلِدُونَ ﴿٣٤﴾

34. Akekho umuntu esamunika impilo yaphakade ngaphambi kwakho. Ngakhoke, uma wena [Muhamadi] uzofa; ingabe bona bazophila unaphakade na?

كُلُّ نَفْسٍ ذَآئِقَةُ ٱلْمَوْتِ ۗ وَنَبْلُوكُم بِٱلشَّرِّ وَٱلْخَيْرِ فِتْنَةً ۖ وَإِلَيْنَا تُرْجَعُونَ ﴿٣٥﴾

35. Wonke umphefumulo uyowunambitha ukufa. Futhi siyonivivinya ngokubi nangokuhle bese niphindiselwa kithi.

وَإِذَا رَءَاكَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ إِن يَتَّخِذُونَكَ إِلَّا هُزُوًا أَهَٰذَا ٱلَّذِي يَذْكُرُ ءَالِهَتَكُمْ وَهُم بِذِكْرِ ٱلرَّحْمَٰنِ هُمْ كَٰفِرُونَ ﴿٣٦﴾

36. Labo abangakholwa uma bekubona bakwenza inhlekisa [bathi]: "Ingabe nguyena lona okhuluma ngezikhonzwa zenu na?". Kulapho bona bengakholwa okukhulunywa ngoNomusa.

خُلِقَ ٱلْإِنسَٰنُ مِنْ عَجَلٍ ۚ سَأُو۟رِيكُمْ ءَايَٰتِي فَلَا تَسْتَعْجِلُونِ ﴿٣٧﴾

37. Umuntu udalwe enokujaha. Sizonibonisa izibonakaliso zeThu, ngakhoke ningajahi.

وَيَقُولُونَ مَتَىٰ هَٰذَا ٱلْوَعْدُ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٣٨﴾

38. Futhi bathi: "Siyofika nini lesi sithembiso uma ngempela niqinisile".

39. Ukube labo abangakholwa bebazi ngesikhathi lapho bengeke bakwazi ukuvikela ubuso babo nemihlane yabo eMlilweni futhi bengeke basizakala.

لَوْ يَعْلَمُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ حِينَ لَا يَكُفُّونَ عَن وُجُوهِهِمُ ٱلنَّارَ وَلَا عَن ظُهُورِهِمْ وَلَا هُمْ يُنصَرُونَ ﴿٣٩﴾

40. Empeleni siyofika bengazelele, sibasanganise. Belu ngeke bakwazi ukusibusela emuva futhi abayikunikwa thuba.

بَلْ تَأْتِيهِم بَغْتَةً فَتَبْهَتُهُمْ فَلَا يَسْتَطِيعُونَ رَدَّهَا وَلَا هُمْ يُنظَرُونَ ﴿٤٠﴾

41. Nebala iZithunywa ezingaphambi kwakho zenziwa inhlekisa. Kepha labo ababehlekisa ngabo bahaqwa yilokho ababehlekisa ngakho.

وَلَقَدِ ٱسْتُهْزِئَ بِرُسُلٍ مِّن قَبْلِكَ فَحَاقَ بِٱلَّذِينَ سَخِرُواْ مِنْهُم مَّا كَانُواْ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٤١﴾

42. Yithi: "Ngubani oyonivikela koNomusa ebusuku nasemini na?" Empeleni abanendaba ngokushiwo iNkosi yabo.

قُلْ مَن يَكْلَؤُكُم بِٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ مِنَ ٱلرَّحْمَٰنِ ۚ بَلْ هُمْ عَن ذِكْرِ رَبِّهِم مُّعْرِضُونَ ﴿٤٢﴾

43. Mhlawumbe banezikhonzwa ezizobavikela ngaphandle kweThu. Kepha abakwazi ukuzisiza bona uqobo futhi akekho oyabavikela kithi.

أَمْ لَهُمْ ءَالِهَةٌ تَمْنَعُهُم مِّن دُونِنَا ۚ لَا يَسْتَطِيعُونَ نَصْرَ أَنفُسِهِمْ وَلَا هُم مِّنَّا يُصْحَبُونَ ﴿٤٣﴾

44. Siphe laba nokhokho babo ukunethezeka isikhathi eside. Ingabe ababoni yini ukuthi silokhu siza siwudla kancane umhlaba ezinhlangothini zawo na? Ingabe bayonqoba na?

بَلْ مَتَّعْنَا هَٰٓؤُلَآءِ وَءَابَآءَهُمْ حَتَّىٰ طَالَ عَلَيْهِمُ ٱلْعُمُرُ ۗ أَفَلَا يَرَوْنَ أَنَّا نَأْتِي ٱلْأَرْضَ نَنقُصُهَا مِنْ أَطْرَافِهَآ ۚ أَفَهُمُ ٱلْغَٰلِبُونَ ﴿٤٤﴾

45. Yithi: "Nginisabisa ngalokho okwembulelwe". Futhi isimumu asisoze sakwazi ukuzwa isimemezelo lapho sixwayiswa.

قُلْ إِنَّمَآ أُنذِرُكُم بِٱلْوَحْيِ ۚ وَلَا يَسْمَعُ ٱلصُّمُّ ٱلدُّعَآءَ إِذَا مَا يُنذَرُونَ ﴿٤٥﴾

46. Uma betholwa isabelo nje esincane sesijeziso seNkosi yakho, bathi: "Kuphelile ngathi, impela siphambukile".

وَلَئِن مَّسَّتْهُمْ نَفْحَةٌ مِّنْ عَذَابِ رَبِّكَ لَيَقُولُنَّ يَٰوَيْلَنَآ إِنَّا كُنَّا ظَٰلِمِينَ ﴿٤٦﴾

47. Siyobeka izikali zobulungiswa ngoSuku lokwahlulela. Akukho mphefumulo oyokwenziwa okungebulungiswa nakancane nje. Noma kungaba into elingana nesisindo sohlamvu oluncane, siyokuletha. Futhi Thina sanele njengaba Hluleli.

وَنَضَعُ ٱلْمَوَٰزِينَ ٱلْقِسْطَ لِيَوْمِ ٱلْقِيَٰمَةِ فَلَا تُظْلَمُ نَفْسٌ شَيْـًٔا ۖ وَإِن كَانَ مِثْقَالَ حَبَّةٍ مِّنْ خَرْدَلٍ أَتَيْنَا بِهَا ۗ وَكَفَىٰ بِنَا حَٰسِبِينَ ﴿٤٧﴾

48. Futhi sanika uMusa noHaruni umhlahlandlela [iTora] nokukhanya kanye nesikhumbuzo kulabo abathobela u Allah.

وَلَقَدْ ءَاتَيْنَا مُوسَىٰ وَهَٰرُونَ ٱلْفُرْقَانَ وَضِيَآءً وَذِكْرًا لِّلْمُتَّقِينَ ﴿٤٨﴾

49. Labo abesaba iNkosi yabo bengayibonanga futhi besaba neSikhathi [sokwahlulela].

ٱلَّذِينَ يَخْشَوْنَ رَبَّهُم بِٱلْغَيْبِ وَهُم مِّنَ ٱلسَّاعَةِ مُشْفِقُونَ ﴿٤٩﴾

50. Futhi lesi isikhumbuzo esibusisekile esisambulele. Ingabe niyosiphika na?

وَهَٰذَا ذِكْرٌ مُّبَارَكٌ أَنزَلْنَٰهُ ۚ أَفَأَنتُمْ لَهُۥ مُنكِرُونَ ﴿٥٠﴾

51. Sanika u Ibhirahimu ukukhalipha kwakhe phambilini futhi besazi ngaye.

* وَلَقَدْ ءَاتَيْنَآ إِبْرَٰهِيمَ رُشْدَهُۥ مِن قَبْلُ وَكُنَّا بِهِۦ عَٰلِمِينَ ﴿٥١﴾

52. Mhla ethi kuyise nakubantu bakubo: "Yini lezithixo enilokhu nizinze kuzo na?".

إِذْ قَالَ لِأَبِيهِ وَقَوْمِهِۦ مَا هَٰذِهِ ٱلتَّمَاثِيلُ ٱلَّتِىٓ أَنتُمْ لَهَا عَٰكِفُونَ ﴿٥٢﴾

53. Bathi: "Sathola okhokho bethu bezikhonza".

قَالُوا۟ وَجَدْنَآ ءَابَآءَنَا لَهَا عَٰبِدِينَ ﴿٥٣﴾

54. Wathi: "Impela nina nokhokho benu benisephutheni elisobala".

قَالَ لَقَدْ كُنتُمْ أَنتُمْ وَءَابَآؤُكُمْ فِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٥٤﴾

55. Bathi: "Ingabe usilethele iqiniso noma nje uyadlala?"

56. Wathi: "Empeleni iNkosi yenu, iNkosi yamazulu nomhlaba lena eyawadala futhi ngingomunye wabafakazela lokho".

57. Ngimfunge u Allah, ngizokwakhela izithixo zenu itulo lapho senihambile ningekho.

58. Wazenza izicucu zonke ngaphandle kwesikhulu kunazo zonke ukuze mabuyele kuso.

59. Bathi: "Ubani owenze lokhu kuzikhonzwa zethu, impela akanabulungiswa".

60. Bathi: "Sizwe lelibhungu okuthiwa ngu Ibhirahimu likhuluma ngazo".

61. Bathi: "Mletheni phambi kwabantu ukuze babe ngofakazi".

62. Bathi: "Ibhirahimu, ingabe nguwe owenze lokhu kuzikhonzwa zethu na?"

63. Wathi: "Empeleni yilesi esikhulu esikwenzile; ngakhoke buzani sona uma zikwazi ukukhuluma".

64. Bathi ukuzidla bahlaziya base bethi: "Nebala yinina eniphambukile".

قَالُوٓاْ أَجِئۡتَنَا بِٱلۡحَقِّ أَمۡ أَنتَ مِنَ ٱللَّٰعِبِينَ ﴿٥٥﴾

قَالَ بَل رَّبُّكُمۡ رَبُّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِ ٱلَّذِي فَطَرَهُنَّ وَأَنَا۠ عَلَىٰ ذَٰلِكُم مِّنَ ٱلشَّٰهِدِينَ ﴿٥٦﴾

وَتَٱللَّهِ لَأَكِيدَنَّ أَصۡنَٰمَكُم بَعۡدَ أَن تُوَلُّواْ مُدۡبِرِينَ ﴿٥٧﴾

فَجَعَلَهُمۡ جُذَٰذًا إِلَّا كَبِيرٗا لَّهُمۡ لَعَلَّهُمۡ إِلَيۡهِ يَرۡجِعُونَ ﴿٥٨﴾

قَالُواْ مَن فَعَلَ هَٰذَا بِـَٔالِهَتِنَآ إِنَّهُۥ لَمِنَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٥٩﴾

قَالُواْ سَمِعۡنَا فَتٗى يَذۡكُرُهُمۡ يُقَالُ لَهُۥٓ إِبۡرَٰهِيمُ ﴿٦٠﴾

قَالُواْ فَأۡتُواْ بِهِۦ عَلَىٰٓ أَعۡيُنِ ٱلنَّاسِ لَعَلَّهُمۡ يَشۡهَدُونَ ﴿٦١﴾

قَالُوٓاْ ءَأَنتَ فَعَلۡتَ هَٰذَا بِـَٔالِهَتِنَا يَٰٓإِبۡرَٰهِيمُ ﴿٦٢﴾

قَالَ بَلۡ فَعَلَهُۥ كَبِيرُهُمۡ هَٰذَا فَسۡـَٔلُوهُمۡ إِن كَانُواْ يَنطِقُونَ ﴿٦٣﴾

فَرَجَعُوٓاْ إِلَىٰٓ أَنفُسِهِمۡ فَقَالُوٓاْ إِنَّكُمۡ أَنتُمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ﴿٦٤﴾

65. Kepha babuyela enkanini yabo [bathi]: "Wazi kahle ukuthi lezinto azikwazi ukukhuluma".

ثُمَّ نُكِسُواْ عَلَىٰ رُءُوسِهِمْ لَقَدْ عَلِمْتَ مَا هَٰٓؤُلَآءِ يَنطِقُونَ ﴿٦٥﴾

66. Wathi: "Nikukhonza kanjani ngaphandle kuka Allah lokho okungakwazi ukunizuzisa utho futhi kungakwazi nokunilimaza na?".

قَالَ أَفَتَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَا لَا يَنفَعُكُمْ شَيْـًٔا وَلَا يَضُرُّكُمْ ﴿٦٦﴾

67. Hhayi suka! Kungani pho nilokhu nikhonza okunye ngaphandle kuka Allah; anisile yini emakhanda na?

أُفٍّ لَّكُمْ وَلِمَا تَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ ۖ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٦٧﴾

68. Bathi: "Mshiseni, nilekelele izikhonzwa zenu uma ngempela nizimisele".

قَالُواْ حَرِّقُوهُ وَٱنصُرُوٓاْ ءَالِهَتَكُمْ إِن كُنتُمْ فَٰعِلِينَ ﴿٦٨﴾

69. Sathi: "Mlilo phola ungamlimazi u Ibhirahuimu".

قُلْنَا يَٰنَارُ كُونِى بَرْدًا وَسَلَٰمًا عَلَىٰٓ إِبْرَٰهِيمَ ﴿٦٩﴾

70. Babefuna ukuqeda ngaye kepha sabenza kwaba yibona abalahlekelwayo.

وَأَرَادُواْ بِهِۦ كَيْدًا فَجَعَلْنَٰهُمُ ٱلْأَخْسَرِينَ ﴿٧٠﴾

71. Yena [u Ibhirahimu] noLuti sabahlengela ezweni [laseShamu] leli esalibusisela izizwe zonke.

وَنَجَّيْنَٰهُ وَلُوطًا إِلَى ٱلْأَرْضِ ٱلَّتِى بَٰرَكْنَا فِيهَا لِلْعَٰلَمِينَ ﴿٧١﴾

72. Sabe sesimupha u Isihaki samengezelango Yakubu. Bobabili sabenza baba qotho.

وَوَهَبْنَا لَهُۥٓ إِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَ نَافِلَةً ۖ وَكُلًّا جَعَلْنَا صَٰلِحِينَ ﴿٧٢﴾

73. Saphinde sabenza abaholi ababehola ngokomyalelo weThu sembulela futhi kubo ukuba benze izenzo ezinhle neswala nokunika izakati futhi babekhonza Thina.

وَجَعَلْنَٰهُمْ أَئِمَّةً يَهْدُونَ بِأَمْرِنَا وَأَوْحَيْنَآ إِلَيْهِمْ فِعْلَ ٱلْخَيْرَٰتِ وَإِقَامَ ٱلصَّلَوٰةِ وَإِيتَآءَ ٱلزَّكَوٰةِ ۖ وَكَانُواْ لَنَا عَٰبِدِينَ ﴿٧٣﴾

74. uLuti naye samunika ubuhlakani nolwazi saphinde samhlenga endaweni [yaseSodoma] lapho ababenza khona amanyala. Nembala babengabantu abagcolile abayiziphula mthetho.

وَلُوطًا ءَاتَيْنَٰهُ حُكْمًا وَعِلْمًا وَنَجَّيْنَٰهُ مِنَ ٱلْقَرْيَةِ ٱلَّتِى كَانَت تَّعْمَلُ ٱلْخَبَٰٓئِثَ ۗ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ قَوْمَ سَوْءٍ فَٰسِقِينَ ﴿٧٤﴾

75. Samfaka emseni weThu, impela wayengowabanye abaqotho [abenzibokuhle][1].

وَأَدْخَلْنَٰهُ فِى رَحْمَتِنَآ ۖ إِنَّهُۥ مِنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٧٥﴾

76. Khumbula futhi mhla uNuhu ekhuleka phambilini. Sawuphendula umkhuleko wakhe, naye samhlenga kanye nomndeni wakhe osizini olunzima.

وَنُوحًا إِذْ نَادَىٰ مِن قَبْلُ فَٱسْتَجَبْنَا لَهُۥ فَنَجَّيْنَٰهُ وَأَهْلَهُۥ مِنَ ٱلْكَرْبِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٧٦﴾

77. Saphinde samsiza kubantu, laba abathatha imibiko yeThu njengamanga. Impela, babengabantu abonakele. Ngakhoke, sabaminzisa bonke ngothi lwabo.

وَنَصَرْنَٰهُ مِنَ ٱلْقَوْمِ ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَآ ۚ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ قَوْمَ سَوْءٍ فَأَغْرَقْنَٰهُمْ أَجْمَعِينَ ﴿٧٧﴾

78. Khumbula futhi uDawudi noSulayimani mhla behlulela odabeni lwezitshalo okwafohlela kuzo izimvu zabantu [ebusuku zingalusiwe]. Futhi Besikhona ekwahluleleni kwabo.

وَدَاوُۥدَ وَسُلَيْمَٰنَ إِذْ يَحْكُمَانِ فِى ٱلْحَرْثِ إِذْ نَفَشَتْ فِيهِ غَنَمُ ٱلْقَوْمِ وَكُنَّا لِحُكْمِهِمْ شَٰهِدِينَ ﴿٧٨﴾

1 Lombiko uyichitha uyihlakaze enye yezinkolelo ezidumile engumbhedo nomsangano namanga aluhlaza cwe. Lena ehlongoza ukuthi iSithunywa uLuti emuva kokuhlenga ngu Allah, yena namadokazi akhe bahlala emgedeni, kwase kuthi amadodakazi akhe amakhela itulo lokuya naye ocansini. Kulombiko u Allah uyakugcizelela ukuthi wabe eyisigqila esiqotho. Okusho ukuthi wayenza futhi alandele imiyalelo ka Allah.

Ukukholwa yilembudane kuwukudicilela nokuthunaza isithunzi seSithunywa sika Allah esihloniphekile, okuyicala elibomvu. Ngoba ukuweyisa iSithunywa esisodwa sika Allah, kuwukweyisa zonke iZithunywa zika Allah. Ngamanye amagama umuntu okholwa yilensambatheka uchaza ukuthi iZithunywa zika Allah azinasimilo.

فَفَهَّمْنَٰهَا سُلَيْمَٰنَ ۚ وَكُلًّا ءَاتَيْنَا حُكْمًا
وَعِلْمًا ۚ وَسَخَّرْنَا مَعَ دَاوُۥدَ ٱلْجِبَالَ
يُسَبِّحْنَ وَٱلطَّيْرَ ۚ وَكُنَّا فَٰعِلِينَ ﴿٧٩﴾

79. Senza uSulayimani kwaba nguye oluqondayo. Kepha bobabili [yena noyise] sabapha ubuhlakani [ubuthunywa] nolwazi. Futhi sajubela uDawudi izintaba nezinye zidumisa naye; futhi yithina ebesikwenza [lokho].

وَعَلَّمْنَٰهُ صَنْعَةَ لَبُوسٍ لَّكُمْ
لِتُحْصِنَكُم مِّنۢ بَأْسِكُمْ ۖ فَهَلْ أَنتُمْ
شَٰكِرُونَ ﴿٨٠﴾

80. Saphinde samfundisa ukwenza izembatho zokuzivikela ukuze zinivikele ezimpini zenu. Akenibongeke.

وَلِسُلَيْمَٰنَ ٱلرِّيحَ عَاصِفَةً تَجْرِى بِأَمْرِهِۦٓ
إِلَى ٱلْأَرْضِ ٱلَّتِى بَٰرَكْنَا فِيهَا ۚ وَكُنَّا بِكُلِّ
شَىْءٍ عَٰلِمِينَ ﴿٨١﴾

81. Futhi sanika uSulayimani umoya oyisivunguvungu ohamba ngomyalelo wakhe uye ezweni esafaka kulo izibusiso. Futhi besazi ngayo yonke into.

وَمِنَ ٱلشَّيَٰطِينِ مَن يَغُوصُونَ لَهُۥ
وَيَعْمَلُونَ عَمَلًا دُونَ ذَٰلِكَ ۖ وَكُنَّا لَهُمْ
حَٰفِظِينَ ﴿٨٢﴾

82. Futhi bekuno Shayitani ababemtshuzela [olwandle] baphinde benze eminye imisebenzi. Futhi besibaqaphile.

* وَأَيُّوبَ إِذْ نَادَىٰ رَبَّهُۥٓ أَنِّى مَسَّنِىَ
ٱلضُّرُّ وَأَنتَ أَرْحَمُ ٱلرَّٰحِمِينَ ﴿٨٣﴾

83. Khumbula futhi u Ayubu mhla ekhuleka eNkosini yakhe [ethi]: "Ngehlelwe ubunzima futhi Wena unomusa ukudlula bonke abanomusa".

فَٱسْتَجَبْنَا لَهُۥ فَكَشَفْنَا مَا بِهِۦ مِن ضُرٍّ ۖ
وَءَاتَيْنَٰهُ أَهْلَهُۥ وَمِثْلَهُم مَّعَهُمْ رَحْمَةً مِّنْ
عِندِنَا وَذِكْرَىٰ لِلْعَٰبِدِينَ ﴿٨٤﴾

84. Sawuphendula umkhuleko wakhe, sabususa ubunzima ayenabo, samnika umndeni wakhe usuphindwe kabili njengomusa ovela kithi nesikhumbuzo kulabo abakhonzayo.

وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِدْرِيسَ وَذَا ٱلْكِفْلِ ۖ كُلٌّ
مِّنَ ٱلصَّٰبِرِينَ ﴿٨٥﴾

85. Khumbula futhi u Isimai'ili no Idirisi noDulikifili; bonke babengababekezelayo.

86. Sabafaka emseni weThu. Impela babengabaqotho.

87. Khumbula futhi uDun-nuni mhla ehamba ecasukile, wacaba ukuthi asisoze samthola. Wakhuleka emajukujukwini obumnyama wathi: "Akekho okufanele akhonzwe ngaphandle kwaKho. Ungcwele, impela ngiphambukile".

88. Sawuphendula umkhuleko wakhe samhlenga osizini. Futhi sibahlenga kanjalo abakholwayo.

89. Khumbula futhi uZakariya, mhla ekhuleka eNkosini yakhe [ethi]: "Nkosi yami, ungangiyeki ngingedwa [ngingenandlalifa] ube Wena ungongcono kulabo abayizindlalifa".

90. Sawuphendula umkhuleko wakhe, samupha uYahiya samlungisela umkakhe. Impela babehlala njalo beziphuthuma izinto ezinhle baphinde bakhuleke kithi ngokulangezelela nangokwesaba. Futhi babezithoba benesizotho kithi.

91. Khumbula futhi nalowo owavikela ubuntombi bakhe. Saphefumulela kuye ngomoya weThu. Samenza yena nendodana yakhe isibonakaliso kundalo yonke.

وَأَدْخَلْنَٰهُمْ فِى رَحْمَتِنَآ ۖ إِنَّهُم مِّنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٨٦﴾

وَذَا ٱلنُّونِ إِذ ذَّهَبَ مُغَٰضِبًا فَظَنَّ أَن لَّن نَّقْدِرَ عَلَيْهِ فَنَادَىٰ فِى ٱلظُّلُمَٰتِ أَن لَّآ إِلَٰهَ إِلَّآ أَنتَ سُبْحَٰنَكَ إِنِّى كُنتُ مِنَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٨٧﴾

فَٱسْتَجَبْنَا لَهُۥ وَنَجَّيْنَٰهُ مِنَ ٱلْغَمِّ ۚ وَكَذَٰلِكَ نُنجِى ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٨٨﴾

وَزَكَرِيَّآ إِذْ نَادَىٰ رَبَّهُۥ رَبِّ لَا تَذَرْنِى فَرْدًا وَأَنتَ خَيْرُ ٱلْوَٰرِثِينَ ﴿٨٩﴾

فَٱسْتَجَبْنَا لَهُۥ وَوَهَبْنَا لَهُۥ يَحْيَىٰ وَأَصْلَحْنَا لَهُۥ زَوْجَهُۥٓ ۚ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ يُسَٰرِعُونَ فِى ٱلْخَيْرَٰتِ وَيَدْعُونَنَا رَغَبًا وَرَهَبًا ۖ وَكَانُوا۟ لَنَا خَٰشِعِينَ ﴿٩٠﴾

وَٱلَّتِىٓ أَحْصَنَتْ فَرْجَهَا فَنَفَخْنَا فِيهَا مِن رُّوحِنَا وَجَعَلْنَٰهَا وَٱبْنَهَآ ءَايَةً لِّلْعَٰلَمِينَ ﴿٩١﴾

إِنَّ هَٰذِهِۦٓ أُمَّتُكُمْ أُمَّةً وَٰحِدَةً وَأَنَا۠
رَبُّكُمْ فَٱعْبُدُونِ ﴿٩٢﴾

92. Iyonake lena inkolo yenu – inkolo eyodwa; futhi Mina ngiyiNkosi yenu ngakhoke ngikhonzeni.

وَتَقَطَّعُوٓا۟ أَمْرَهُم بَيْنَهُمْ ۖ كُلٌّ إِلَيْنَا
رَٰجِعُونَ ﴿٩٣﴾

93. Kepha bahlakazeka phakathi kwabo, kodwa bonke bayobuyela kithi.

فَمَن يَعْمَلْ مِنَ ٱلصَّٰلِحَٰتِ وَهُوَ
مُؤْمِنٌ فَلَا كُفْرَانَ لِسَعْيِهِۦ ۖ وَإِنَّا لَهُۥ
كَٰتِبُونَ ﴿٩٤﴾

94. Lowo owenza izenzo ezinhle ebe engokholwayo; izithukuthuku zakhe angeke zicekelwe phansi; futhi Thina sizilobile.

وَحَرَٰمٌ عَلَىٰ قَرْيَةٍ أَهْلَكْنَٰهَآ أَنَّهُمْ لَا
يَرْجِعُونَ ﴿٩٥﴾

95. Kunqatshelwe kunasiphi isizwe esasibhubhisa ukuba babuyele emuva [emhlabeni].

حَتَّىٰٓ إِذَا فُتِحَتْ يَأْجُوجُ وَمَأْجُوجُ وَهُم
مِّن كُلِّ حَدَبٍ يَنسِلُونَ ﴿٩٦﴾

96. Kuze kube mhla kuvulelwa abakwa Ya'juju noMa'juju, lapho beyophuma kuzo zonke izindunduma begijima.

وَٱقْتَرَبَ ٱلْوَعْدُ ٱلْحَقُّ فَإِذَا هِىَ شَٰخِصَةٌ
أَبْصَٰرُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ يَٰوَيْلَنَا قَدْ كُنَّا
فِى غَفْلَةٍ مِّنْ هَٰذَا بَلْ كُنَّا ظَٰلِمِينَ ﴿٩٧﴾

97. Siyosondela isethembiso seqiniso [uSuku lokwahlulela]; amehlo alabo abangakholwa ayobe endwazile [bethi]: "Kwaze kwaphela ngathi, impela besingenendaba ngalolu suku, eqinisweni besiphambukile".

إِنَّكُمْ وَمَا تَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ
حَصَبُ جَهَنَّمَ أَنتُمْ لَهَا وَٰرِدُونَ ﴿٩٨﴾

98. Nina kanye nalokho enikukhonzayo ngaphandle kuka Allah niyoba izithungelo zaseJahanamu imbala, niyongena kuyo.

لَوْ كَانَ هَٰٓؤُلَآءِ ءَالِهَةً مَّا وَرَدُوهَا ۖ وَكُلٌّ
فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٩٩﴾

99. Ukube laba bebeyizikhonzwa ezifanelwe ukukhonzwa ngabe bebengeke bangene kuyo; futhi bonke bayobhadla kuyo unaphakade.

لَهُمْ فِيهَا زَفِيرٌ وَهُمْ فِيهَا لَا يَسْمَعُونَ ﴿١٠٠﴾

100. Bayobephefumulela phezulu [okomuntu onephika] kuyo kepha bengezwa.

إِنَّ ٱلَّذِينَ سَبَقَتْ لَهُم مِّنَّا ٱلْحُسْنَىٰٓ أُوْلَٰٓئِكَ عَنْهَا مُبْعَدُونَ ﴿١٠١﴾

101. Impela labo abavele sebenqunyelwe kithi iJana ngaphambilini; labo-ke bayoqheliselwa kude nayo [iJahanamu].

لَا يَسْمَعُونَ حَسِيسَهَا ۖ وَهُمْ فِى مَا ٱشْتَهَتْ أَنفُسُهُمْ خَٰلِدُونَ ﴿١٠٢﴾

102. Abayikuzwa ngisho umsindo wayo [iJahanamu]. Futhi bayohlala unaphakade lapho abayothala konke abakufisayo.

لَا يَحْزُنُهُمُ ٱلْفَزَعُ ٱلْأَكْبَرُ وَتَتَلَقَّىٰهُمُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ هَٰذَا يَوْمُكُمُ ٱلَّذِى كُنتُمْ تُوعَدُونَ ﴿١٠٣﴾

103. Ukwesaba Okukhulu angeke kubakhathaze. Futhi izingelosi ziyobahlangabeza [zithi]: "Yilona lolo uSuku lwenu enanithenjiswe lona".

يَوْمَ نَطْوِى ٱلسَّمَآءَ كَطَىِّ ٱلسِّجِلِّ لِلْكُتُبِ ۚ كَمَا بَدَأْنَآ أَوَّلَ خَلْقٍ نُّعِيدُهُۥ ۚ وَعْدًا عَلَيْنَآ ۚ إِنَّا كُنَّا فَٰعِلِينَ ﴿١٠٤﴾

104. Mhla siyosonga izulu njengokusongwa kwemibhalo esemiqulwini. Njengeba sayisungala indalo okokuqala siyophinda siyivuse. Kuyibophezelo kithi; impela siyokwenza.

وَلَقَدْ كَتَبْنَا فِى ٱلزَّبُورِ مِنۢ بَعْدِ ٱلذِّكْرِ أَنَّ ٱلْأَرْضَ يَرِثُهَا عِبَادِىَ ٱلصَّٰلِحُونَ ﴿١٠٥﴾

105. Futhi saloba eziNcwadini zasendulo emuva kokuloba Oqwembeni, ukuthi, izwe ifa eliyotholwa yizigqila zaMi eziqotho.

إِنَّ فِى هَٰذَا لَبَلَٰغًا لِّقَوْمٍ عَٰبِدِينَ ﴿١٠٦﴾

106. Nebala lokhu [okuqukethwe iKurani] kwanele kubantu abakhonzayo.

وَمَآ أَرْسَلْنَٰكَ إِلَّا رَحْمَةً لِّلْعَٰلَمِينَ ﴿١٠٧﴾

107. Futhi sikuthumele njengemusa kundalo yonke.

108. Yithi: "Impela, kwembulelwe kimi ukuthi, okumele nimkhonze uyedwa nje vo; ngakhoke nani zinikeleni ke [nibe amaMusilimu]".

قُلْ إِنَّمَا يُوحَىٰٓ إِلَيَّ أَنَّمَآ إِلَٰهُكُمْ إِلَٰهٌ وَٰحِدٌ ۖ فَهَلْ أَنتُم مُّسْلِمُونَ ﴿١٠٨﴾

109. Kepha uma bekushaya indiva, yithi: "Nginazisile ngokwanele. Futhi nami angazi ukuthi sekuseduze kumbe kusasekude lokhu enithenjiswe kona".

فَإِن تَوَلَّوْا۟ فَقُلْ ءَاذَنتُكُمْ عَلَىٰ سَوَآءٍ ۖ وَإِنْ أَدْرِىٓ أَقَرِيبٌ أَم بَعِيدٌ مَّا تُوعَدُونَ ﴿١٠٩﴾

110. Nebala nguYena [u Allah] owazi inkulumo esobala esidlangalaleni futhi wazi nalokho enikufihlayo [ngasese].

إِنَّهُۥ يَعْلَمُ ٱلْجَهْرَ مِنَ ٱلْقَوْلِ وَيَعْلَمُ مَا تَكْتُمُونَ ﴿١١٠﴾

111. Futhi mina angazi ukuthi [ukudondiswa kwesijeziso] hleze kube yisivivinyo kini nokuthi nincebeleke okwesikhashana.

وَإِنْ أَدْرِى لَعَلَّهُۥ فِتْنَةٌ لَّكُمْ وَمَتَٰعٌ إِلَىٰ حِينٍ ﴿١١١﴾

112. Wathi [uMuhamadi]: "Nkosi yami yehlulela ngeqiniso! Futhi iNkosi yethu Onomusa, iYona eyosinceda ngalokho abakushoyo".

قَٰلَ رَبِّ ٱحْكُم بِٱلْحَقِّ ۗ وَرَبُّنَا ٱلرَّحْمَٰنُ ٱلْمُسْتَعَانُ عَلَىٰ مَا تَصِفُونَ ﴿١١٢﴾

(22) SURA HAJI
UHAMBO LWEHAJI[1]

سُورَةُ الحَجِّ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ ٱتَّقُواْ رَبَّكُمْۚ إِنَّ زَلْزَلَةَ ٱلسَّاعَةِ شَيْءٌ عَظِيمٌ ﴿١﴾

1. Nina bantu, thobelani iNkosi yenu, ngokuba ukuzamazama ngeSikhathi [sokwahlela] into enzima impela.

يَوْمَ تَرَوْنَهَا تَذْهَلُ كُلُّ مُرْضِعَةٍ عَمَّآ أَرْضَعَتْ وَتَضَعُ كُلُّ ذَاتِ حَمْلٍ حَمْلَهَا وَتَرَى ٱلنَّاسَ سُكَٰرَىٰ وَمَا هُم بِسُكَٰرَىٰ وَلَٰكِنَّ عَذَابَ ٱللَّهِ شَدِيدٌ ﴿٢﴾

2. Mhla lapho niyobona umame oncelisayo ekhohlwa [uswana] aluncelisayo nozethwele uyozalela khona lapho. Futhi uyobona abantu engathi badakiwe kulapho bengadakiwe kepha isijeziso sika Allah sinzima.

وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يُجَٰدِلُ فِى ٱللَّهِ بِغَيْرِ عِلْمٍ وَيَتَّبِعُ كُلَّ شَيْطَٰنٍ مَّرِيدٍ ﴿٣﴾

3. Futhi kunalabo bantu abaphikisa ngo Allah bengenalwazi futhi ebe elandela wonke uShayitane oyihlongandlebe.

كُتِبَ عَلَيْهِ أَنَّهُۥ مَن تَوَلَّاهُ فَأَنَّهُۥ يُضِلُّهُۥ وَيَهْدِيهِ إِلَىٰ عَذَابِ ٱلسَّعِيرِ ﴿٤﴾

4. Unqunyelwe ukuthi lowo oyomlandela, uzomdukisa aphinde amholele esijezisweni somlilo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ إِن كُنتُمْ فِى رَيْبٍ مِّنَ ٱلْبَعْثِ فَإِنَّا خَلَقْنَٰكُم مِّن تُرَابٍ ثُمَّ مِن نُّطْفَةٍ ثُمَّ مِنْ عَلَقَةٍ ثُمَّ مِن مُّضْغَةٍ

5. Nina bantu, uma ninokungabaza ngokuvuswa [kwelizayo emuva kokofa]; bhekani ngoba sanidala ngobumba kwaba yisidoda

1 Uhambo oluya eMzini *waseMakha* ngenhloso yokukhonza. Lunesikhathi salo esibekwe njalo ngonyaka.

مُّخَلَّقَةٍ وَغَيۡرِ مُخَلَّقَةٖ لِّنُبَيِّنَ لَكُمۡۚ وَنُقِرُّ
فِي ٱلۡأَرۡحَامِ مَا نَشَآءُ إِلَىٰٓ أَجَلٖ مُّسَمًّى
ثُمَّ نُخۡرِجُكُمۡ طِفۡلٗا ثُمَّ لِتَبۡلُغُوٓاْ
أَشُدَّكُمۡۖ وَمِنكُم مَّن يُتَوَفَّىٰ وَمِنكُم
مَّن يُرَدُّ إِلَىٰٓ أَرۡذَلِ ٱلۡعُمُرِ لِكَيۡلَا يَعۡلَمَ
مِنۢ بَعۡدِ عِلۡمٖ شَيۡـٔٗاۚ وَتَرَى ٱلۡأَرۡضَ
هَامِدَةٗ فَإِذَآ أَنزَلۡنَا عَلَيۡهَا ٱلۡمَآءَ ٱهۡتَزَّتۡ
وَرَبَتۡ وَأَنۢبَتَتۡ مِن كُلِّ زَوۡجِۭ بَهِيجٖ ٥

kwaba ihlulu kwaba umbungu ophelele nongaphelele ukuze sinicacisele; futhi sigcina esikuthandayo ezibelethweni kuze kufike isikhathi esibekiwe; bese sinikhipha niyizingane, bese niyakhula nibe badala. Phakathi kwenu kunalabo abafayo [besebasha] kuthi abanye baze baguge baphenduke izintothoviyane ezingasazi lutho. Futhi uzobona umhlaba womile, kuthi lapho sesehlisele amanzi [emvula] kuwo uvele uqhakaze wande uphinde ukhiqhize lonke uhlobo oluhle lwezitshalo.

ذَٰلِكَ بِأَنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلۡحَقُّ وَأَنَّهُۥ يُحۡيِ
ٱلۡمَوۡتَىٰ وَأَنَّهُۥ عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٖ قَدِيرٞ ٦

6. Lokho ngungenxa yokuthi u Allah uyiQiniso nokuthi nguYena ovusa abafileyo nongehlulwa yilutho.

وَأَنَّ ٱلسَّاعَةَ ءَاتِيَةٞ لَّا رَيۡبَ فِيهَا وَأَنَّ
ٱللَّهَ يَبۡعَثُ مَن فِي ٱلۡقُبُورِ ٧

7. Nokuthi iSikhathi [sokwahlulela] siyeza, akunakungabaza ngaso; nanokuthi u Allah uyobavusa labo abasemathuneni.

وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يُجَٰدِلُ فِي ٱللَّهِ بِغَيۡرِ
عِلۡمٖ وَلَا هُدٗى وَلَا كِتَٰبٖ مُّنِيرٖ ٨

8. Phakathi kwabantu kunalowo ophikisana ngo Allah engenalwazi noma incazelo noma incwadi ecacisayo.

ثَانِيَ عِطۡفِهِۦ لِيُضِلَّ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِۖ لَهُۥ
فِي ٱلدُّنۡيَا خِزۡيٞۖ وَنُذِيقُهُۥ يَوۡمَ ٱلۡقِيَٰمَةِ
عَذَابَ ٱلۡحَرِيقِ ٩

9. Uvele abheke le [ezigqaja], ukuze adukise [abantu] endleleni ka Allah [i-isilamu]. Uyothola ukuhlazeka lapha emhlabeni, kuthi ngoSuku lokwahlulela simzwise isijeziso somlilo.

10. Lokho, kungenxa yemisebenzi yezandla zakho nokuthi u Allah akasoze enze okungebulungiswa esigqileni.

ذَٰلِكَ بِمَا قَدَّمَتْ يَدَاكَ وَأَنَّ ٱللَّهَ لَيْسَ بِظَلَّٰمٍ لِّلْعَبِيدِ ﴿١٠﴾

11. Phakathi kwabantu, kunalowo okhonza u Allah enongabazane. Uma kumhambela kahle uyaqhubeka [ngokukhonza u Allah]. Kepha uma ehlelwa ubunzima uyajika [abe yimbuka]; akazuzanga lutho emhlabeni nakwelizayo. Lokho ukulahlekelwa okusobala.

وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يَعْبُدُ ٱللَّهَ عَلَىٰ حَرْفٍ ۖ فَإِنْ أَصَابَهُۥ خَيْرٌ ٱطْمَأَنَّ بِهِۦ ۖ وَإِنْ أَصَابَتْهُ فِتْنَةٌ ٱنقَلَبَ عَلَىٰ وَجْهِهِۦ خَسِرَ ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةَ ۚ ذَٰلِكَ هُوَ ٱلْخُسْرَانُ ٱلْمُبِينُ ﴿١١﴾

12. Ukhonza ngaphandle kuka Allah lokho okungeke kwamlimaza [uma engakulaleli] futhi okungeke kwamzuzisa [uma ekulalela]. Lokho ukuduka okujulile.

يَدْعُوا۟ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَا لَا يَضُرُّهُۥ وَمَا لَا يَنفَعُهُۥ ۚ ذَٰلِكَ هُوَ ٱلضَّلَٰلُ ٱلْبَعِيدُ ﴿١٢﴾

13. Ukhonza lowo ubungozi bakhe buseduze kunosizo kwakhe. Waze wamubi umsizi nomhlanganyeli bo.

يَدْعُوا۟ لَمَن ضَرُّهُۥٓ أَقْرَبُ مِن نَّفْعِهِۦ ۚ لَبِئْسَ ٱلْمَوْلَىٰ وَلَبِئْسَ ٱلْعَشِيرُ ﴿١٣﴾

14. Nebala labo abakholwayo abenza nezenzo ezinhle u Allah uyobangenisa ezivandeni okugeleza ezansikwazo imifula. Impela u Allah wenza akufunayo.

إِنَّ ٱللَّهَ يُدْخِلُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ يَفْعَلُ مَا يُرِيدُ ﴿١٤﴾

15. Lowo ocabanga ukuthi u Allah akasoze amsiza [uMuhammadi] emhlabeni nakwelizayo; makabophele intambo ophahleni azikhunge ngalo bese ebheka-ke ukuthi lomzamo wakhe uyoyiqeda yini lenzondo anayo na?

مَن كَانَ يَظُنُّ أَن لَّن يَنصُرَهُ ٱللَّهُ فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةِ فَلْيَمْدُدْ بِسَبَبٍ إِلَى ٱلسَّمَآءِ ثُمَّ لْيَقْطَعْ فَلْيَنظُرْ هَلْ يُذْهِبَنَّ كَيْدُهُۥ مَا يَغِيظُ ﴿١٥﴾

وَكَذَٰلِكَ أَنزَلْنَٰهُ ءَايَٰتٍۭ بَيِّنَٰتٍ وَأَنَّ ٱللَّهَ يَهْدِى مَن يُرِيدُ ﴿١٦﴾

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَٱلَّذِينَ هَادُوا۟ وَٱلصَّٰبِـُٔونَ وَٱلنَّصَٰرَىٰ وَٱلْمَجُوسَ وَٱلَّذِينَ أَشْرَكُوٓا۟ إِنَّ ٱللَّهَ يَفْصِلُ بَيْنَهُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ شَهِيدٌ ﴿١٧﴾

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ يَسْجُدُ لَهُۥ مَن فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَن فِى ٱلْأَرْضِ وَٱلشَّمْسُ وَٱلْقَمَرُ وَٱلنُّجُومُ وَٱلْجِبَالُ وَٱلشَّجَرُ وَٱلدَّوَآبُّ وَكَثِيرٌ مِّنَ ٱلنَّاسِ ۖ وَكَثِيرٌ حَقَّ عَلَيْهِ ٱلْعَذَابُ ۗ وَمَن يُهِنِ ٱللَّهُ فَمَا لَهُۥ مِن مُّكْرِمٍ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ يَفْعَلُ مَا يَشَآءُ ﴿١٨﴾

* هَٰذَانِ خَصْمَانِ ٱخْتَصَمُوا۟ فِى رَبِّهِمْ ۖ فَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ قُطِّعَتْ لَهُمْ ثِيَابٌ مِّن نَّارٍ يُصَبُّ مِن فَوْقِ رُءُوسِهِمُ ٱلْحَمِيمُ ﴿١٩﴾

16. Futhi sayembulela kanjalo [iKurani] iyimibiko ecacile nokuthi u Allah uhola amfunayo.

17. Impela labo abakholwayo, nalabo abangamaJuda[1], namaNasarina[2] namaSabiya[3] kanye noMajusi[4] nalabo ababhangqayo[5]; u Allah uyokwahlulela phakathi kwabo ngoSuku lokuKwahlulela. Phela u Allah uyiqhaphe yonke into impela.

18. Awuboni yini ukuthi bonke abasemazulwini nasemhlabeni kanye nelanga nenyanga nezinkanyezi nezintaba nezihlahla nezilwane neningi labantu, konke kuwa ngobuso kukhothamela u Allah. Kanti futhi baningi abafanelwe isijeziso. Futhi lowo u Allah amhlazile akekho oyombuyisa isithunzi. Impela u Allah wenza akufunayo.

19. Laba ababili abaphikisanayo baphikisana ngeNkosi yabo. Labo abangakholwa bayosikelwa izembatho emlilweni, bathelwe ngamanzi ashisayo ekhanda.

1 Bheka [1:62].

2 Bheka [1:62].

3 Bheka [1:62].

4 Yilabo inkolo yabo incike kakhulu ekukhonzeni umlilo.

5 Kufaka phakathi labo abakhonza izithixo, amadlozi, abanye abantu abaphilayo, izilwane, imifanekiso, njalo njalo.

يُصْهَرُ بِهِۦ مَا فِى بُطُونِهِمْ وَٱلْجُلُودُ ﴿٢٠﴾

20. Kuyoncibikaliswa ngawo lokho okuseziswini zabo kanjalo nezikhumba.

وَلَهُم مَّقَـٰمِعُ مِنْ حَدِيدٍ ﴿٢١﴾

21. Futhi [bayoshaywa] ngezando zensimbi.

كُلَّمَآ أَرَادُوٓاْ أَن يَخْرُجُواْ مِنْهَا مِنْ غَمٍّ أُعِيدُواْ فِيهَا وَذُوقُواْ عَذَابَ ٱلْحَرِيقِ ﴿٢٢﴾

22. Kuyothi njalo uma befuna ukuphuma kuwo [umlilo] ngenxa yosizi; bayobuyiselwa kuwo [kuthiwe]: "Yizwani-ke isijeziso somlilo".

إِنَّ ٱللَّهَ يُدْخِلُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّـٰلِحَـٰتِ جَنَّـٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَـٰرُ يُحَلَّوْنَ فِيهَا مِنْ أَسَاوِرَ مِن ذَهَبٍ وَلُؤْلُؤًا ۖ وَلِبَاسُهُمْ فِيهَا حَرِيرٌ ﴿٢٣﴾

23. Labo abakholwayo benze nezenzo ezinhle, impela u Allah uyobafaka ezivandeni okugeleza enzansi kwazo imifula, bayohlotshiswa kuzo ngeziqhizo zegolide nangamalulu, futhi izembatho zabo kuzo kuyoba isilika [emnene].

وَهُدُوٓاْ إِلَى ٱلطَّيِّبِ مِنَ ٱلْقَوْلِ وَهُدُوٓاْ إِلَىٰ صِرَٰطِ ٱلْحَمِيدِ ﴿٢٤﴾

24. Futhi bayoholelwa emazwini amahle baphinde baholelwe endleleni encomekayo [i-Isilamu].

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَيَصُدُّونَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ وَٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ ٱلَّذِى جَعَلْنَـٰهُ لِلنَّاسِ سَوَآءً ٱلْعَـٰكِفُ فِيهِ وَٱلْبَادِ ۚ وَمَن يُرِدْ فِيهِ بِإِلْحَادٍۭ بِظُلْمٍ نُّذِقْهُ مِنْ عَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿٢٥﴾

25. Impela labo abangakholwa nabayisihibe endleleni ka Allah naseMasijidiHaramu, lena esayenzela isintu ngokulinganayo, kungaba ozonzile kuyo noma oyisihambi. Futhi lowo ohlosa ukwenza kuyo [iMasijidiHaramu] impambuko ngokungebulungiswa siyomzwisa isijeziso esibuhlungu.

وَإِذْ بَوَّأْنَا لِإِبْرَٰهِيمَ مَكَانَ ٱلْبَيْتِ أَن لَّا تُشْرِكْ بِى شَيْـًٔا وَطَهِّرْ بَيْتِىَ لِلطَّآئِفِينَ وَٱلْقَآئِمِينَ وَٱلرُّكَّعِ ٱلسُّجُودِ ﴿٢٦﴾

26. Khumbula futhi mhla sikhombisa u Ibhirahimu indawo yeNdlu [iKaba], [sathi kuye]: "Ungabhangqi lutho naMi. Futhi uhlanze iNdlu yami, [uyihlanzele] labo abayizungezayo nalabo abathandazayo [bemile, bekhotheme bewa nangobuso].

وَأَذِّن فِى ٱلنَّاسِ بِٱلْحَجِّ يَأْتُوكَ رِجَالًا وَعَلَىٰ كُلِّ ضَامِرٍ يَأْتِينَ مِن كُلِّ فَجٍّ عَمِيقٍ ﴿٢٧﴾

27. Memezela ngeHaji kusintu sonkana. Bayoza kuwe ngezinyawo nangamakameli bewagibele; beza ngazo zonke izindlela eziqhamuka ekudeni.

لِّيَشْهَدُوا۟ مَنَٰفِعَ لَهُمْ وَيَذْكُرُوا۟ ٱسْمَ ٱللَّهِ فِىٓ أَيَّامٍ مَّعْلُومَٰتٍ عَلَىٰ مَا رَزَقَهُم مِّنۢ بَهِيمَةِ ٱلْأَنْعَٰمِ ۖ فَكُلُوا۟ مِنْهَا وَأَطْعِمُوا۟ ٱلْبَآئِسَ ٱلْفَقِيرَ ﴿٢٨﴾

28. Ukuze bazibonele lokho okuyinsizakalo kubo baphinde babalule igama lika Allah ezinsukwini ezaziwayo ngalokho ababele kona ezilwaneni zemfuyo [ezizohlatshwa]. Ngakhoke, dlanini kuzo niphe nalowo abaphuyile [abadla imbuya ngothi].

ثُمَّ لْيَقْضُوا۟ تَفَثَهُمْ وَلْيُوفُوا۟ نُذُورَهُمْ وَلْيَطَّوَّفُوا۟ بِٱلْبَيْتِ ٱلْعَتِيقِ ﴿٢٩﴾

29. Bese beqedelela ukususa izinsila zabo [ngokuqeda zonke izinkambiso ezisele], bagcine nezibopho zabo bese benza iTawafu [ukuzungeza] yeNdlu ekhululiwe [iKaba].

ذَٰلِكَ ۖ وَمَن يُعَظِّمْ حُرُمَٰتِ ٱللَّهِ فَهُوَ خَيْرٌ لَّهُۥ عِندَ رَبِّهِۦ ۗ وَأُحِلَّتْ لَكُمُ ٱلْأَنْعَٰمُ إِلَّا مَا يُتْلَىٰ عَلَيْكُمْ ۖ فَٱجْتَنِبُوا۟ ٱلرِّجْسَ مِنَ ٱلْأَوْثَٰنِ وَٱجْتَنِبُوا۟ قَوْلَ ٱلزُّورِ ﴿٣٠﴾

30. Lokho, nalowo ohlonipha izinkambiso zika Allah ezihloniphekile, yikona okongcono kuye eNkosini yakhe. Futhi nivunyelwe izilwane ezidliwayo ngaphandle

kwalezi enilandiswe ngaso[1]. Ngakhoke ziqhelelaniseni nokungcola kwezithixo niphinde niziqhelelanise namanga.

حُنَفَآءَ لِلَّهِ غَيْرَ مُشْرِكِينَ بِهِۦ ۚ وَمَن يُشْرِكْ بِٱللَّهِ فَكَأَنَّمَا خَرَّ مِنَ ٱلسَّمَآءِ فَتَخْطَفُهُ ٱلطَّيْرُ أَوْ تَهْوِى بِهِ ٱلرِّيحُ فِى مَكَانٍ سَحِيقٍ ﴿٣١﴾

31. Nibe msulwa ku Allah ningambhangqi nalutho. Futhi lowo obhangqa u Allah, kungathi uwe emkhathini wahlwithwa yinyoni noma wahamba nomoya wamusa endaweni esekudeni[2].

ذَٰلِكَ ۖ وَمَن يُعَظِّمْ شَعَـٰٓئِرَ ٱللَّهِ فَإِنَّهَا مِن تَقْوَى ٱلْقُلُوبِ ﴿٣٢﴾

32. Lokho, nalowo ohlonipha Izimpawu zika Allah, impela kusuka ekuthobeni kwezinhliziyo.

لَكُمْ فِيهَا مَنَـٰفِعُ إِلَىٰٓ أَجَلٍ مُّسَمًّى ثُمَّ مَحِلُّهَآ إِلَى ٱلْبَيْتِ ٱلْعَتِيقِ ﴿٣٣﴾

33. Ninezinsizakalo kuzo [izilwane zomhlatshelo] kuze kufike isikhathi esibekiwe emuva kwalokho ziyohlatshwa eNdlini ekhululiwe.

وَلِكُلِّ أُمَّةٍ جَعَلْنَا مَنسَكًا لِّيَذْكُرُوا۟ ٱسْمَ ٱللَّهِ عَلَىٰ مَا رَزَقَهُم مِّنۢ بَهِيمَةِ ٱلْأَنْعَـٰمِ ۗ فَإِلَـٰهُكُمْ إِلَـٰهٌ وَٰحِدٌ فَلَهُۥٓ أَسْلِمُوا۟ ۗ وَبَشِّرِ ٱلْمُخْبِتِينَ ﴿٣٤﴾

34. Futhi zonke izizwe [zabakholwayo zaphambilini] sababekela izinkambiso [zokuhlaba] ukuze babalule igama lika Allah kulokho ababele kona ezilwaneni ezidliwayo. Belu okumele nimkhonze uyedwa vo, ngakhoke zinikeleni kuYe. Futhi thula izindaba ezimnandi kulabo abazithobayo.

1 Bheka [5:3].

2 Lokhu kungenxa yokuthi akanayo injongo ngqangi empilweni, ufana nomuntu osemkhathini ongazi ukuthi ubuyaphi nokuthi uyaphi. Ngenxa yalokho nesimo akuso uphenduka isisulu kalula nje sayo yonke imikhuhlane nemimoya ahlangebezana nayo emhlabeni, osiphetho sayo siyafa; ukumnhlanhlathisa nokumdukisa kude le neqiniso.

35. Laba okuthi uma kuphathwa igama lika Allah, izinhliziyo zabo zigcwala ukwesaba futhi banga babekezelayo kulokho okubehlelayo baphinde benze neswala nakulokho esibabele kona bayanikela.

ٱلَّذِينَ إِذَا ذُكِرَ ٱللَّهُ وَجِلَتْ قُلُوبُهُمْ وَٱلصَّٰبِرِينَ عَلَىٰ مَآ أَصَابَهُمْ وَٱلْمُقِيمِى ٱلصَّلَوٰةِ وَمِمَّا رَزَقْنَٰهُمْ يُنفِقُونَ ﴿٣٥﴾

36. Amakameli anonile nawo siwenze aba ezinye zezimpawu zika Allah, ninokuhle kuzo. Ngakhoke phimisani igama lika Allah kuwo lapho limile [nilihlaba]. Uma seliwile ngohlangothi, dlanini kuwo niphe ohluphekayo ongaceli nocelayo. Sinijubele wona kanjalo ukuze nibonge.

وَٱلْبُدْنَ جَعَلْنَٰهَا لَكُم مِّن شَعَٰٓئِرِ ٱللَّهِ لَكُمْ فِيهَا خَيْرٌ ۖ فَٱذْكُرُوا۟ ٱسْمَ ٱللَّهِ عَلَيْهَا صَوَآفَّ ۖ فَإِذَا وَجَبَتْ جُنُوبُهَا فَكُلُوا۟ مِنْهَا وَأَطْعِمُوا۟ ٱلْقَانِعَ وَٱلْمُعْتَرَّ ۚ كَذَٰلِكَ سَخَّرْنَٰهَا لَكُمْ لَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿٣٦﴾

37. Inyama yawo ayisoze yafika ku Allah kanjalo negazi lawo kepha iTakuwa [ukuthobela intando ka Allah nokuzinikela kuYe] evela kini efika kuye. Unijubele wona kanjalo ukuze niqhakambise ubukhulu buka Allah ngalokho aniholele kukho. Futhi yethula izindaba ezinhle kulabo abenza okuhle.

لَن يَنَالَ ٱللَّهَ لُحُومُهَا وَلَا دِمَآؤُهَا وَلَٰكِن يَنَالُهُ ٱلتَّقْوَىٰ مِنكُمْ ۚ كَذَٰلِكَ سَخَّرَهَا لَكُمْ لِتُكَبِّرُوا۟ ٱللَّهَ عَلَىٰ مَا هَدَىٰكُمْ ۗ وَبَشِّرِ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٣٧﴾

38. Impela u Allah uyabavikela labo abakholwayo; ngokuba u Allah akamthandi impela wonke lowo oyiqili ongabongi.

* إِنَّ ٱللَّهَ يُدَٰفِعُ عَنِ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ كُلَّ خَوَّانٍ كَفُورٍ ﴿٣٨﴾

39. Labo abahlaselwa ngokungebulungiswa bavunyelwe [ukuba baziphindiselele], futhi impela

أُذِنَ لِلَّذِينَ يُقَٰتَلُونَ بِأَنَّهُمْ ظُلِمُوا۟ ۚ وَإِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ نَصْرِهِمْ لَقَدِيرٌ ﴿٣٩﴾

u Allah unamandla okubasiza [abakholwayo bengalwanga].

40. Labo abakhishwa emizini yabo ngokungemthetho, ngenxa nje yokuthi bathi: "u Allah iNkosi yethu". Ukube u Allah akavikelanga abanye abantu ngabanye, ngabe kade abhindlizwa amaTempeli nama Sonto nama Sinagogi nama Masijidi okuphathwa igama lika Allah kakhukulu. Futhi u Allah nakanjani uyomsiza lowo omsizayo [ngokuvikela intando]. Impela u Allah Ungumninimandla onguSomandla.

ٱلَّذِينَ أُخْرِجُوا۟ مِن دِيَـٰرِهِم بِغَيْرِ حَقٍّ إِلَّآ أَن يَقُولُوا۟ رَبُّنَا ٱللَّهُ ۗ وَلَوْلَا دَفْعُ ٱللَّهِ ٱلنَّاسَ بَعْضَهُم بِبَعْضٍ لَّهُدِّمَتْ صَوَٰمِعُ وَبِيَعٌ وَصَلَوَٰتٌ وَمَسَـٰجِدُ يُذْكَرُ فِيهَا ٱسْمُ ٱللَّهِ كَثِيرًا ۗ وَلَيَنصُرَنَّ ٱللَّهُ مَن يَنصُرُهُۥٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَقَوِىٌّ عَزِيزٌ ﴿٤٠﴾

41. Labo uma sibamisa emhlabeni baqikelele ukwenza iswala bakhiphe nezakati bagqugquzele okuhle banqande okubi. Futhi isiphetho zezinto [zonke] ngesika Allah.

ٱلَّذِينَ إِن مَّكَّنَّـٰهُمْ فِى ٱلْأَرْضِ أَقَامُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتَوُا۟ ٱلزَّكَوٰةَ وَأَمَرُوا۟ بِٱلْمَعْرُوفِ وَنَهَوْا۟ عَنِ ٱلْمُنكَرِ ۗ وَلِلَّهِ عَـٰقِبَةُ ٱلْأُمُورِ ﴿٤١﴾

42. Uma bekuphika, kanjalo nalabo ababandulelayo baphika; isizwe sikaNuhu no Adi kanye noTamudi.

وَإِن يُكَذِّبُوكَ فَقَدْ كَذَّبَتْ قَبْلَهُمْ قَوْمُ نُوحٍ وَعَادٌ وَثَمُودُ ﴿٤٢﴾

43. Nesizwe sika Ibhirahimu nesika Luti.

وَقَوْمُ إِبْرَٰهِيمَ وَقَوْمُ لُوطٍ ﴿٤٣﴾

44. Nabantu base Madiyana. No *Musa* waphikwa; ngabayeka okwesikhashana laba abangakholwa ngase ngibajezisa. Bheka nje ukuthi saba njani isijeziso saMi.

وَأَصْحَـٰبُ مَدْيَنَ ۖ وَكُذِّبَ مُوسَىٰ ۖ فَأَمْلَيْتُ لِلْكَـٰفِرِينَ ثُمَّ أَخَذْتُهُمْ ۖ فَكَيْفَ كَانَ نَكِيرِ ﴿٤٤﴾

45. Ziningi izizwe esazibhubhisa mhla ziphambuka; zawa bhu phansi nophahla lwazo. Futhi miningi nemithombo eyekelelwe nezinqaba eziphakeme.

فَكَأَيِّن مِّن قَرْيَةٍ أَهْلَكْنَٰهَا وَهِىَ ظَالِمَةٌ فَهِىَ خَاوِيَةٌ عَلَىٰ عُرُوشِهَا وَبِئْرٍ مُّعَطَّلَةٍ وَقَصْرٍ مَّشِيدٍ ﴿٤٥﴾

46. Ingabe abahambanga yini ezweni babe nezinhliziyo abaqonda ngazo noma izindlebe abezwa ngazo. Empeleni, akuwona amehlo angaboni, kepha yizinhliziyo lezi ezisezifubeni okuzona ezingaboni.

أَفَلَمْ يَسِيرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ فَتَكُونَ لَهُمْ قُلُوبٌ يَعْقِلُونَ بِهَآ أَوْ ءَاذَانٌ يَسْمَعُونَ بِهَا ۖ فَإِنَّهَا لَا تَعْمَى ٱلْأَبْصَٰرُ وَلَٰكِن تَعْمَى ٱلْقُلُوبُ ٱلَّتِى فِى ٱلصُّدُورِ ﴿٤٦﴾

47. Futhi bakujaha ngesijeziso; bheka ngoba u Allah akasoze asiphula isethembiso saKhe. Futhi usuku olulodwa eNkosini yakho lulingana neninyaka eyinkulungwane kulokhu enikubalayo[1].

وَيَسْتَعْجِلُونَكَ بِٱلْعَذَابِ وَلَن يُخْلِفَ ٱللَّهُ وَعْدَهُۥ ۚ وَإِنَّ يَوْمًا عِندَ رَبِّكَ كَأَلْفِ سَنَةٍ مِّمَّا تَعُدُّونَ ﴿٤٧﴾

48. Futhi ziningi izizwe esazipha isikhathi nakuba zaziphambukile. Sabe sesizijezisa belu isiphetho sikiMi.

وَكَأَيِّن مِّن قَرْيَةٍ أَمْلَيْتُ لَهَا وَهِىَ ظَالِمَةٌ ثُمَّ أَخَذْتُهَا وَإِلَىَّ ٱلْمَصِيرُ ﴿٤٨﴾

49. Yithi: "Sintu, impela ngingumexwayisi ocacile kini".

قُلْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ إِنَّمَآ أَنَا۠ لَكُمْ نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿٤٩﴾

50. Ngakhoke, labo abakholwayo baphinde benze okulungileyo, bayothola intethelelo nesondlo esihle.

فَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَهُم مَّغْفِرَةٌ وَرِزْقٌ كَرِيمٌ ﴿٥٠﴾

1 ukubalwa kweminyaka.....

وَٱلَّذِينَ سَعَوۡاْ فِيٓ ءَايَٰتِنَا مُعَٰجِزِينَ أُوْلَٰٓئِكَ أَصۡحَٰبُ ٱلۡجَحِيمِ ﴿٥١﴾

51. Kuthi labo abazikhandla ukuphikisana nemibiko yeThu, yibona kanye abayongena emlilweni.

وَمَآ أَرۡسَلۡنَا مِن قَبۡلِكَ مِن رَّسُولٖ وَلَا نَبِيٍّ إِلَّآ إِذَا تَمَنَّىٰٓ أَلۡقَى ٱلشَّيۡطَٰنُ فِيٓ أُمۡنِيَّتِهِۦ فَيَنسَخُ ٱللَّهُ مَا يُلۡقِي ٱلشَّيۡطَٰنُ ثُمَّ يُحۡكِمُ ٱللَّهُ ءَايَٰتِهِۦۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٞ ﴿٥٢﴾

52. Futhi yileso naleso Sithunywa noMembulelwa [uMphorofeti] esamthumela ngaphambilini kwakho [Muhamadi]; kwakhuthi lapho uma efunda, uShayitani azame ukwengeza ekufundeni kwaso. Kepha u Allah uyakwesula lokho okwengezwa uShayitane bese ehlunga ngobuchule imibiko yaKhe. U Allah Unolwazi Ukhaliphile.

لِّيَجۡعَلَ مَا يُلۡقِي ٱلشَّيۡطَٰنُ فِتۡنَةٗ لِّلَّذِينَ فِي قُلُوبِهِم مَّرَضٞ وَٱلۡقَاسِيَةِ قُلُوبُهُمۡۗ وَإِنَّ ٱلظَّٰلِمِينَ لَفِي شِقَاقِۭ بَعِيدٖ ﴿٥٣﴾

53. Ukuze enze lokho okwengezwe uShayitani kube isivivinyo kulabo abanokufa [ukuzenzisa] ezinhliziyweni zabo nalabo ozinhliziyo zabo zilukhuni.

وَلِيَعۡلَمَ ٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلۡعِلۡمَ أَنَّهُ ٱلۡحَقُّ مِن رَّبِّكَ فَيُؤۡمِنُواْ بِهِۦ فَتُخۡبِتَ لَهُۥ قُلُوبُهُمۡۗ وَإِنَّ ٱللَّهَ لَهَادِ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٖ ﴿٥٤﴾

54. Nokuthi labo abaphiwe ulwazi bazi ukuthi iyiqiniso [iKurani] elivela eNkosini yakho, ukuze bakholwe yiyo nezinhliziyo zabo ziyithobele. Impela u Allah unguMholeli walabo abakholwayo endleleni eqondile.

وَلَا يَزَالُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ فِي مِرۡيَةٖ مِّنۡهُ حَتَّىٰ تَأۡتِيَهُمُ ٱلسَّاعَةُ بَغۡتَةً أَوۡ يَأۡتِيَهُمۡ عَذَابُ يَوۡمٍ عَقِيمٍ ﴿٥٥﴾

55. Futhi labo abangakholwa bayohlala beyingabaza kuze kube mhla kufika iSikhathi bengazelele noma bafikelwe isijeziso soSuku olomile [uSuku lokwahlulela].

ٱلْمُلْكُ يَوْمَئِذٍ لِّلَّهِ يَحْكُمُ بَيْنَهُمْ ۚ فَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ فِى جَنَّٰتِ ٱلنَّعِيمِ ﴿٥٦﴾

56. Bonke ubukhosi ngalolo Suku bungobuka Allah, uyokwahlulela phakathi kwabo. Ngakhoke, labo abakholwayo baphinde benze okulungileyo bayongena ezivandeni zengcebeleko.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَكَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَا فَأُو۟لَٰٓئِكَ لَهُمْ عَذَابٌ مُّهِينٌ ﴿٥٧﴾

57. Kuthi labo abangakholwa baphinde bathatha imibiko yeThu njengamanga, labo, yibona kanye abathola isijeziso esithunazayo.

وَٱلَّذِينَ هَاجَرُوا۟ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ثُمَّ قُتِلُوٓا۟ أَوْ مَاتُوا۟ لَيَرْزُقَنَّهُمُ ٱللَّهُ رِزْقًا حَسَنًا ۚ وَإِنَّ ٱللَّهَ لَهُوَ خَيْرُ ٱلرَّٰزِقِينَ ﴿٥٨﴾

58. Futhi labo abafudukela endleleni ka Allah bese bebulawa noma bazifele, u Allah uyobondla ngesondlo esihle. Impela u Allah unguMondli ongcono.

لَيُدْخِلَنَّهُم مُّدْخَلًا يَرْضَوْنَهُۥ ۗ وَإِنَّ ٱللَّهَ لَعَلِيمٌ حَلِيمٌ ﴿٥٩﴾

59. Uyobangenisa endaweni abayoyithakasela. Impela u Allah Unolwazi Unesineke.

* ذَٰلِكَ ۖ وَمَنْ عَاقَبَ بِمِثْلِ مَا عُوقِبَ بِهِۦ ثُمَّ بُغِىَ عَلَيْهِ لَيَنصُرَنَّهُ ٱللَّهُ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَعَفُوٌّ غَفُورٌ ﴿٦٠﴾

60. Lokho; lowo ophindisela ngokulingene lokho ahlukunyezwe ngakho kepha bese ehlukunyezwa ngokungemthetho, u Allah uyomsiza nakanjani. Impela u Allah Umnene Ungumthetheleli.

ذَٰلِكَ بِأَنَّ ٱللَّهَ يُولِجُ ٱلَّيْلَ فِى ٱلنَّهَارِ وَيُولِجُ ٱلنَّهَارَ فِى ٱلَّيْلِ وَأَنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌۢ بَصِيرٌ ﴿٦١﴾

61. Lokho, yingoba u Allah ufaka ubusuku emini afake imini ebusuku nokuthi impela u Allah Ungozwayo Obonayo.

ذَٰلِكَ بِأَنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْحَقُّ وَأَنَّ مَا يَدْعُونَ مِن دُونِهِۦ هُوَ ٱلْبَٰطِلُ وَأَنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْعَلِىُّ ٱلْكَبِيرُ ﴿٦٢﴾

62. Lokho; yingoba u Allah nguYena Oyiqiniso kanti lokhu abakukhonzayo ngaphandle kwaKhe kuwumbhedo, nokuthi u Allah nguYena Ophakeme Omkhulu.

63. Awuboni yini ukuthi u Allah wehlisa amazi emvula bese umhlaba uguquke ube luhlaza. Impela u Allah Ungonakayo Onolwazi.

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ أَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَتُصْبِحُ ٱلْأَرْضُ مُخْضَرَّةً ۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَطِيفٌ خَبِيرٌ ﴿٦٣﴾

64. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe. Belu impela u Allah Ungozimele Odunyiswayo.

لَّهُۥ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ ۚ وَإِنَّ ٱللَّهَ لَهُوَ ٱلْغَنِىُّ ٱلْحَمِيدُ ﴿٦٤﴾

65. Awuboni yini ukuthi u Allah unijubele konke okusemhlabeni kanjalo nomkhumbi ohamba olwandle ngomyalelo waKhe. Futhi ubambe isibhakabhaka ukuba singaweli phezu komhlaba, ngaphandleke uma ekuvumela [lokho]. Impela u Allah Unobubele Unesihe kusintu.

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ سَخَّرَ لَكُم مَّا فِى ٱلْأَرْضِ وَٱلْفُلْكَ تَجْرِى فِى ٱلْبَحْرِ بِأَمْرِهِۦ ۚ وَيُمْسِكُ ٱلسَّمَآءَ أَن تَقَعَ عَلَى ٱلْأَرْضِ إِلَّا بِإِذْنِهِۦٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ بِٱلنَّاسِ لَرَءُوفٌ رَّحِيمٌ ﴿٦٥﴾

66. Futhi nguYena onipha ukuphila aphinde akuthathe aphinde anivuse. Impela umuntu akakholwa.

وَهُوَ ٱلَّذِىٓ أَحْيَاكُمْ ثُمَّ يُمِيتُكُمْ ثُمَّ يُحْيِيكُمْ ۗ إِنَّ ٱلْإِنسَٰنَ لَكَفُورٌ ﴿٦٦﴾

67. Isizwe nesizwe sisibekele inkambiso abahambisa ngayo. Ngakhoke mabangaqophisani nawe kuloludaba. Futhi memela eNkosini yakho; impela usekukhanyeni okuqondile.

لِّكُلِّ أُمَّةٍ جَعَلْنَا مَنسَكًا هُمْ نَاسِكُوهُ ۖ فَلَا يُنَٰزِعُنَّكَ فِى ٱلْأَمْرِ ۚ وَٱدْعُ إِلَىٰ رَبِّكَ ۖ إِنَّكَ لَعَلَىٰ هُدًى مُّسْتَقِيمٍ ﴿٦٧﴾

68. Kepha uma bephikisana nawe, yithi: "u Allah ukwazi kahle lokho enikwenzayo".

وَإِن جَٰدَلُوكَ فَقُلِ ٱللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا تَعْمَلُونَ ﴿٦٨﴾

69. U Allah uyokwehlulela phakathi kwenu ngoSuku lokwahlulela kulokho eniphikisana ngakho.

ٱللَّهُ يَحْكُمُ بَيْنَكُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ فِيمَا كُنتُمْ فِيهِ تَخْتَلِفُونَ ﴿٦٩﴾

أَلَمْ تَعْلَمْ أَنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ مَا فِى ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ ۗ إِنَّ ذَٰلِكَ فِى كِتَٰبٍ ۚ إِنَّ ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ يَسِيرٌ ﴿٧٠﴾

70. Awazi yini ukuthi u Allah wazi konke okusezulwini nasemhlabeni. Impela lokho kulotshiwe [oqwembeni olulondiwe]. Impela lokho kuwubala ku Allah.

وَيَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَا لَمْ يُنَزِّلْ بِهِۦ سُلْطَٰنًا وَمَا لَيْسَ لَهُم بِهِۦ عِلْمٌ ۗ وَمَا لِلظَّٰلِمِينَ مِن نَّصِيرٍ ﴿٧١﴾

71. Futhi bakhonza ngaphandle kuka Allah lokho okungenabufakazi ngakho nalokho abangenalwazi ngakho. Futhi labo abaphambukile akekho oyobahlenga.

وَإِذَا تُتْلَىٰ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتُنَا بَيِّنَٰتٍ تَعْرِفُ فِى وُجُوهِ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ٱلْمُنكَرَ ۖ يَكَادُونَ يَسْطُونَ بِٱلَّذِينَ يَتْلُونَ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتِنَا ۗ قُلْ أَفَأُنَبِّئُكُم بِشَرٍّ مِّن ذَٰلِكُمُ ۚ ٱلنَّارُ وَعَدَهَا ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿٧٢﴾

72. Uma befundelwa imibiko yeThu ecacile, ubona ukunyukubala ebusweni balabo abangakholwa. Kusala nje kancane ukuba babagxavule labo ababafundela imibiko yeThu. Yithi: "Kunganjani nginazise ngokubi kakhulu kunalokho na? Umlilo u Allah awuthembise labo abangakholwa, futhi saze sasibi isiphetho".

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ ضُرِبَ مَثَلٌ فَٱسْتَمِعُوا۟ لَهُۥٓ ۚ إِنَّ ٱلَّذِينَ تَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ لَن يَخْلُقُوا۟ ذُبَابًا وَلَوِ ٱجْتَمَعُوا۟ لَهُۥ ۖ وَإِن يَسْلُبْهُمُ ٱلذُّبَابُ شَيْـًٔا لَّا يَسْتَنقِذُوهُ مِنْهُ ۚ ضَعُفَ ٱلطَّالِبُ وَٱلْمَطْلُوبُ ﴿٧٣﴾

73. Nina bantu, kwenziwe umzekelo ngakhoke wulaleleni. Impela labo enibakhonzayo ngaphandle kuka Allah abasoze badala ngisho impukane noma bengayihlanganela. Futhi uma impukane ibahlwitha utho abasoze bakhona ukuyiphuca kona. Akanamandla umthungathi [izikhonzwa] nothungathwayo [impukane].

مَا قَدَرُوا۟ ٱللَّهَ حَقَّ قَدْرِهِۦٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَقَوِىٌّ عَزِيزٌ ﴿٧٤﴾

74. Abamhloniphanga u Allah ngendlela efanele Yena. Impela u Allah Ungonamandla OnguSomandla.

ٱللَّهُ يَصْطَفِى مِنَ ٱلْمَلَٰٓئِكَةِ رُسُلًا وَمِنَ ٱلنَّاسِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌۢ بَصِيرٌ ﴿٧٥﴾

75. U Allah uqoke izithunywa ezingelosini nasebantwini. Impela u Allah Ungozwayo Obonayo.

يَعْلَمُ مَا بَيْنَ أَيْدِيهِمْ وَمَا خَلْفَهُمْ ۚ وَإِلَى ٱللَّهِ تُرْجَعُ ٱلْأُمُورُ ﴿٧٦﴾

76. Ukwazi konke okungaphambi kwabo [okwendlula] nokusemuva kwabo [ikusasa]. Futhi zonke izinto ziyobuyela ku Allah.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱرْكَعُوا۟ وَٱسْجُدُوا۟ وَٱعْبُدُوا۟ رَبَّكُمْ وَٱفْعَلُوا۟ ٱلْخَيْرَ لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿٧٧﴾

77. Nina enikholwayo khothamani futhi niwe ngobuso nikhonze iNkosi yenu nenze okuhle ukuze niphumelele.

وَجَٰهِدُوا۟ فِى ٱللَّهِ حَقَّ جِهَادِهِۦ ۚ هُوَ ٱجْتَبَىٰكُمْ وَمَا جَعَلَ عَلَيْكُمْ فِى ٱلدِّينِ مِنْ حَرَجٍ ۚ مِّلَّةَ أَبِيكُمْ إِبْرَٰهِيمَ ۚ هُوَ سَمَّىٰكُمُ ٱلْمُسْلِمِينَ مِن قَبْلُ وَفِى هَٰذَا لِيَكُونَ ٱلرَّسُولُ شَهِيدًا عَلَيْكُمْ وَتَكُونُوا۟ شُهَدَآءَ عَلَى ٱلنَّاسِ ۚ فَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتُوا۟ ٱلزَّكَوٰةَ وَٱعْتَصِمُوا۟ بِٱللَّهِ هُوَ مَوْلَىٰكُمْ ۖ فَنِعْمَ ٱلْمَوْلَىٰ وَنِعْمَ ٱلنَّصِيرُ ﴿٧٨﴾

78. Futhi zikhandleni ku Allah, ukuzikhandla okufanele Yena. NguYena oniqokile futhi akanenzelanga ubunzima enkolweni; okuyinkolo kababa wenu u Ibhirahimu. NguYena oniqambe ukuthi ningamaMusilimu ngaphambilini [eZincwadini] nakulokhu [kwiKurani]. [Uniqokile] ukuze iSithunywa sibe ufakazi ngani, nani nibe ngofakazi ngesintu sonkana. Ngakhoke qikelelani ukwenza iswala nikhiphe nezakati nibambelele ku Allah, ngokuba nguYena uMhlengi wenu; yeka uMhlengi omuhle noMsekeli omuhle.

(23) SURA MU'MINUNA ABAKHOLWAYO

سُورَةُ الْمُؤْمِنُونَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Impela baphumelele abakholwayo.

قَدْ أَفْلَحَ ٱلْمُؤْمِنُونَ ﴿١﴾

2. Labo abagxilayo kuswala yabo.

ٱلَّذِينَ هُمْ فِي صَلَاتِهِمْ خَٰشِعُونَ ﴿٢﴾

3. Nabaziqhelelanisayo nalokho okungenamsebenzi.

وَٱلَّذِينَ هُمْ عَنِ ٱللَّغْوِ مُعْرِضُونَ ﴿٣﴾

4. Nabaqikelelayo ukukhipha izakati.

وَٱلَّذِينَ هُمْ لِلزَّكَوٰةِ فَٰعِلُونَ ﴿٤﴾

5. Nabavikela izitho zabo zangasese.

وَٱلَّذِينَ هُمْ لِفُرُوجِهِمْ حَٰفِظُونَ ﴿٥﴾

6. Ngaphandle kubafazi babo noma amabibi abo ezigqila, ngokuba abayikusolwa.

إِلَّا عَلَىٰٓ أَزْوَٰجِهِمْ أَوْ مَا مَلَكَتْ أَيْمَٰنُهُمْ فَإِنَّهُمْ غَيْرُ مَلُومِينَ ﴿٦﴾

7. Ngakhoke lowo oyofuna [ukwanelisa izinkanuko] ngale kwalokho; labo bayiziphula mthetho.

فَمَنِ ٱبْتَغَىٰ وَرَآءَ ذَٰلِكَ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْعَادُونَ ﴿٧﴾

8. Nabagcina izethembiso nezivumelwano zabo.

وَٱلَّذِينَ هُمْ لِأَمَٰنَٰتِهِمْ وَعَهْدِهِمْ رَٰعُونَ ﴿٨﴾

9. Nabaqikelela ukwenza iswala ngesikhathi.

وَٱلَّذِينَ هُمْ عَلَىٰ صَلَوَٰتِهِمْ يُحَافِظُونَ ﴿٩﴾

10. Labo bayizindlalifa.

أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْوَٰرِثُونَ ﴿١٠﴾

11. Eziyohlabana ngeFiridowusi, bahlale kuyo unaphakade.

ٱلَّذِينَ يَرِثُونَ ٱلْفِرْدَوْسَ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿١١﴾

12. Futhi impela samdala umuntu ngobumba oluthathwe ndawo zonke.

وَلَقَدْ خَلَقْنَا ٱلْإِنسَٰنَ مِن سُلَٰلَةٍ مِّن طِينٍ ﴿١٢﴾

13. Sabe sesimenza isidoda endaweni eyinqaba [esibelethweni sikanina].

ثُمَّ جَعَلْنَٰهُ نُطْفَةً فِى قَرَارٍ مَّكِينٍ ﴿١٣﴾

14. Sabe sesenza isidoda saba ihlulu; senza ihlulu umbungu; senza umbungu waba namathambo; samboza amathambo ngenyama; samenza isidalwa esehlukile [kunalokho ebesiyikho ekuqaleni]. Ungcwele u Allah onguMdali oyingcweti kunano bonke.

ثُمَّ خَلَقْنَا ٱلنُّطْفَةَ عَلَقَةً فَخَلَقْنَا ٱلْعَلَقَةَ مُضْغَةً فَخَلَقْنَا ٱلْمُضْغَةَ عِظَٰمًا فَكَسَوْنَا ٱلْعِظَٰمَ لَحْمًا ثُمَّ أَنشَأْنَٰهُ خَلْقًا ءَاخَرَ ۚ فَتَبَارَكَ ٱللَّهُ أَحْسَنُ ٱلْخَٰلِقِينَ ﴿١٤﴾

15. Bese emuva kwalokho niyofa nakanjani.

ثُمَّ إِنَّكُم بَعْدَ ذَٰلِكَ لَمَيِّتُونَ ﴿١٥﴾

16. Bese kuthi ngoSuku lokwahlulela niyovuswa.

ثُمَّ إِنَّكُمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ تُبْعَثُونَ ﴿١٦﴾

17. Futhi impela sadala ngaphezu kwenu izigaba eziyisikhombisa [amazulu] futhi akukho ndalo esingayinakile.

وَلَقَدْ خَلَقْنَا فَوْقَكُمْ سَبْعَ طَرَآئِقَ وَمَا كُنَّا عَنِ ٱلْخَلْقِ غَٰفِلِينَ ﴿١٧﴾

18. Saphinde sehlisa amanzi emvula ngenani elibaliwe sawazinzisa emhlabeni. Futhi siyakwazi ukuphinde siwashabalalise.

وَأَنزَلْنَا مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءًۢ بِقَدَرٍ فَأَسْكَنَّٰهُ فِى ٱلْأَرْضِ ۖ وَإِنَّا عَلَىٰ ذَهَابٍۭ بِهِۦ لَقَٰدِرُونَ ﴿١٨﴾

19. Sanikhulisela ngawo [amanzi] izivande zamasundu nemivini, enithola kuzo [izivande] izithelo eziyinala niphinde nidle nakuzo.

فَأَنشَأْنَا لَكُم بِهِۦ جَنَّٰتٍ مِّن نَّخِيلٍ وَأَعْنَٰبٍ لَّكُمْ فِيهَا فَوَٰكِهُ كَثِيرَةٌ وَمِنْهَا تَأْكُلُونَ ﴿١٩﴾

20. Kanjalo nesihlahla esimila ngasentabeni iTuri esikhiqiza amafutha nesishebo kwabadlayo.

وَشَجَرَةً تَخْرُجُ مِن طُورِ سَيْنَآءَ تَنۢبُتُ بِٱلدُّهْنِ وَصِبْغٍ لِّلْءَاكِلِينَ ﴿٢٠﴾

21. Impela ninesifundo kwimpahla efuywayo. Sinipha okuphazwayo okuphuma eziswini zayo kanti futhi ninezinsizakalo eziningi kuyo kunjalo nje niyadla kuyo.

22. Niphinde nigitshezwe kuyo kanye nasemkhunjini.

23. Sathumela uNuhu esizweni sakhe, wathi: "Bantu bakithi, khonzani u Allah ngokuba akekho omunye okufanele nimkhonze ngaphandle kwaKhe, ake nizithobe".

24. Zathi izikhulu lezi ezingakholwa esizweni sakhe: "Lona umuntu nje ofana nathi, ufuna ukuzenza ngcono kini. Ukube u Allah ubefuna, ngabe ulethe izingelosi. Yilokho kwathi nhlo, asikaze sizwe ngalokho ngisho nakokhokho bethu imbala".

25. Akayilutho ngaphandle nje kwendoda ewuhlanya; myekeleni nilinde okwesikhashana.

26. Wathi: "Nkosi yami ngisize kulokho abangiphikisa ngakho".

27. Sabe sesembulela kuye ukuthi: "Yakha umkhumbi ngaphambi kwaMehlo eThu nangokwembulela kweThu. Kuyothi lapho sekufika umyalele weThu [wesijeziso] kwagobhoza amanzi eziko; layisha kuyo yonke [inhlobo] yendalo ngakubili [izinsika neduna] kanye

وَإِنَّ لَكُمْ فِى ٱلْأَنْعَٰمِ لَعِبْرَةً ۖ نُّسْقِيكُم
مِّمَّا فِى بُطُونِهَا وَلَكُمْ فِيهَا مَنَٰفِعُ
كَثِيرَةٌ وَمِنْهَا تَأْكُلُونَ ﴿٢١﴾

وَعَلَيْهَا وَعَلَى ٱلْفُلْكِ تُحْمَلُونَ ﴿٢٢﴾

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا نُوحًا إِلَىٰ قَوْمِهِۦ فَقَالَ يَٰقَوْمِ
ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ مَا لَكُم مِّنْ إِلَٰهٍ غَيْرُهُۥٓ ۖ
أَفَلَا تَتَّقُونَ ﴿٢٣﴾

فَقَالَ ٱلْمَلَؤُا۟ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِن قَوْمِهِۦ
مَا هَٰذَآ إِلَّا بَشَرٌ مِّثْلُكُمْ يُرِيدُ أَن
يَتَفَضَّلَ عَلَيْكُمْ ۚ وَلَوْ شَآءَ ٱللَّهُ لَأَنزَلَ
مَلَٰٓئِكَةً مَّا سَمِعْنَا بِهَٰذَا فِىٓ ءَابَآئِنَا
ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٢٤﴾

إِنْ هُوَ إِلَّا رَجُلٌۢ بِهِۦ جِنَّةٌ فَتَرَبَّصُوا۟ بِهِۦ
حَتَّىٰ حِينٍ ﴿٢٥﴾

قَالَ رَبِّ ٱنصُرْنِى بِمَا كَذَّبُونِ ﴿٢٦﴾

فَأَوْحَيْنَآ إِلَيْهِ أَنِ ٱصْنَعِ ٱلْفُلْكَ بِأَعْيُنِنَا
وَوَحْيِنَا فَإِذَا جَآءَ أَمْرُنَا وَفَارَ ٱلتَّنُّورُ
فَٱسْلُكْ فِيهَا مِن كُلٍّ زَوْجَيْنِ ٱثْنَيْنِ
وَأَهْلَكَ إِلَّا مَن سَبَقَ عَلَيْهِ ٱلْقَوْلُ
مِنْهُمْ ۖ وَلَا تُخَٰطِبْنِى فِى ٱلَّذِينَ ظَلَمُوٓا۟ ۖ
إِنَّهُم مُّغْرَقُونَ ﴿٢٧﴾

nomndeni wakho, ngaphandle nje kwalabo kubo isinqumo esiphothuliwe ngabo. Futhi ungangikhulumisi mayelana nalabo abaphambukile ngokuba impela bayominza".

فَإِذَا ٱسْتَوَيْتَ أَنتَ وَمَن مَّعَكَ عَلَى ٱلْفُلْكِ فَقُلِ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ ٱلَّذِى نَجَّىٰنَا مِنَ ٱلْقَوْمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٢٨﴾

28. Uma wena [Nuhu] usugibelile emkhunjini kanye nalabo abanawe, yithi: "Udumo lungo luka Allah lona osihlengile kubantu abaphambukile".

وَقُل رَّبِّ أَنزِلْنِى مُنزَلًا مُّبَارَكًا وَأَنتَ خَيْرُ ٱلْمُنزِلِينَ ﴿٢٩﴾

29. Futhi yithi: "Nkosi yami ngihlalise endaweni ebusisekile ngokuba Wena ungumhlalisi okumpetha kwabahlalisayo.

إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ وَإِن كُنَّا لَمُبْتَلِينَ ﴿٣٠﴾

30. Impela kulokho kunezibonakaliso futhi besivivinya.

ثُمَّ أَنشَأْنَا مِنۢ بَعْدِهِمْ قَرْنًا ءَاخَرِينَ ﴿٣١﴾

31. Sabe sesidala esinye isizwe emuva kwabo.

فَأَرْسَلْنَا فِيهِمْ رَسُولًا مِّنْهُمْ أَنِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ مَا لَكُم مِّنْ إِلَٰهٍ غَيْرُهُۥٓ ۖ أَفَلَا تَتَّقُونَ ﴿٣٢﴾

32. Sathumela kubo iSithunywa esivela kubo, [ukuba sithi]: "Khonzani u Allah ngokuba akekho omunye okufanele nimkhonze ngaphandle kwaKhe, ake nizithobe".

وَقَالَ ٱلْمَلَأُ مِن قَوْمِهِ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَكَذَّبُوا۟ بِلِقَآءِ ٱلْءَاخِرَةِ وَأَتْرَفْنَٰهُمْ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا مَا هَٰذَآ إِلَّا بَشَرٌ مِّثْلُكُمْ يَأْكُلُ مِمَّا تَأْكُلُونَ مِنْهُ وَيَشْرَبُ مِمَّا تَشْرَبُونَ ﴿٣٣﴾

33. Izikhulu lezi ezingakholwa esizweni sakhe neziphika ukuhlangana kwelizayo, nesasizinjingisile empilweni yasemhlabeni, yithi: "Lona umuntu nje ofana nani, udla lokhu enikudlayo aphinde aphuze lokhu enikuphuzayo".

34. Uma nje nike nalalela umuntu ofana nani impela niyoba ngabalahlekelwe.

وَلَئِنْ أَطَعْتُم بَشَرًا مِّثْلَكُمْ إِنَّكُمْ إِذًا لَّخَٰسِرُونَ ﴿٣٤﴾

35. Ingabe unithembisa ukuthi lapho senifile naphenduka umhlabathi namathambo, niyophinda nivuswe na?

أَيَعِدُكُمْ أَنَّكُمْ إِذَا مِتُّمْ وَكُنتُمْ تُرَابًا وَعِظَٰمًا أَنَّكُم مُّخْرَجُونَ ﴿٣٥﴾

36. Yinto engekho lokhu enithenjiswe kona.

* هَيْهَاتَ هَيْهَاتَ لِمَا تُوعَدُونَ ﴿٣٦﴾

37. Akulutho nje ngaphandle kwempilo yethu yasemhlabeni, siyafa siphile kepha asisoze savuswa.

إِنْ هِىَ إِلَّا حَيَاتُنَا ٱلدُّنْيَا نَمُوتُ وَنَحْيَا وَمَا نَحْنُ بِمَبْعُوثِينَ ﴿٣٧﴾

38. Lona indoda nje eqambela u Allah amanga futhi thina angake simkholwe.

إِنْ هُوَ إِلَّا رَجُلٌ ٱفْتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا وَمَا نَحْنُ لَهُۥ بِمُؤْمِنِينَ ﴿٣٨﴾

39. Wathi: "Nkosi yami ngisize kulokho abangiphikisa ngakho".

قَالَ رَبِّ ٱنصُرْنِى بِمَا كَذَّبُونِ ﴿٣٩﴾

40. Wathi [u Allah]: "Kungekudala nje bazozisola".

قَالَ عَمَّا قَلِيلٍ لَّيُصْبِحُنَّ نَٰدِمِينَ ﴿٤٠﴾

41. Bahlaselwa umsindo ngokweqiniso sabenza badindiliza [okwezibi ezikhafulwa umfula]. Baqalekisiwe abantu abaphambikile.

فَأَخَذَتْهُمُ ٱلصَّيْحَةُ بِٱلْحَقِّ فَجَعَلْنَٰهُمْ غُثَآءً ۚ فَبُعْدًا لِّلْقَوْمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٤١﴾

42. Sabe sesiletha ezinye izizwe emuva kwabo.

ثُمَّ أَنشَأْنَا مِنۢ بَعْدِهِمْ قُرُونًا ءَاخَرِينَ ﴿٤٢﴾

43. Futhi akukho sizwe esiyophutha isikhathi saso esibekiwe noma sisigeje.

مَا تَسْبِقُ مِنْ أُمَّةٍ أَجَلَهَا وَمَا يَسْتَـْٔخِرُونَ ﴿٤٣﴾

44. Sabe sesithumela iZithunywa zethu zilandelana. Kepha njalo nje uma iSithunywa sifika esizweni, bayasiphikisa. Ngakhoke sabalandelanisa [ngezijeziso] futhi sabenza undabuzekwayo.

ثُمَّ أَرْسَلْنَا رُسُلَنَا تَتْرَا ۖ كُلَّ مَا جَاءَ أُمَّةً رَّسُولُهَا كَذَّبُوهُ ۖ فَأَتْبَعْنَا بَعْضَهُم بَعْضًا وَجَعَلْنَاهُمْ أَحَادِيثَ ۚ فَبُعْدًا لِّقَوْمٍ لَّا يُؤْمِنُونَ ﴿٤٤﴾

45. Saphinda sathumela uMusa nomfowabo uHaruna nezibonakaliso zeThu nobufakazi obusobala.

ثُمَّ أَرْسَلْنَا مُوسَىٰ وَأَخَاهُ هَارُونَ بِآيَاتِنَا وَسُلْطَانٍ مُّبِينٍ ﴿٤٥﴾

46. KuFirawuni nezikhulu zakhe, kepha bazigqaja futhi babengabantu abaziqhakambisayo.

إِلَىٰ فِرْعَوْنَ وَمَلَئِهِ فَاسْتَكْبَرُوا وَكَانُوا قَوْمًا عَالِينَ ﴿٤٦﴾

47. Bathi: "Singabakholwa kanjani abantu ababili abafana nathi, kulapho nje nesizwe sabo sikhonza thina".

فَقَالُوا أَنُؤْمِنُ لِبَشَرَيْنِ مِثْلِنَا وَقَوْمُهُمَا لَنَا عَابِدُونَ ﴿٤٧﴾

48. Babaphikisa bobabili; ngakhoke baba ngabanye ababhujiswayo.

فَكَذَّبُوهُمَا فَكَانُوا مِنَ الْمُهْلَكِينَ ﴿٤٨﴾

49. Futhi sanika uMusa iNcwadi impela ukuze balandele indlela eqondile.

وَلَقَدْ آتَيْنَا مُوسَى الْكِتَابَ لَعَلَّهُمْ يَهْتَدُونَ ﴿٤٩﴾

50. Futhi senza indodana kaMariyamu nonina isibonakaliso sabakhoselisa endaweni ephakeme eyisicaba futhi egeleza amanzi.

وَجَعَلْنَا ابْنَ مَرْيَمَ وَأُمَّهُ آيَةً وَآوَيْنَاهُمَا إِلَىٰ رَبْوَةٍ ذَاتِ قَرَارٍ وَمَعِينٍ ﴿٥٠﴾

51. Nina Zithunywa, dlanini lokho okumsulwa futhi nenze okulungileyo; impela Minangikwazi konke enikwenzayo.

يَا أَيُّهَا الرُّسُلُ كُلُوا مِنَ الطَّيِّبَاتِ وَاعْمَلُوا صَالِحًا ۖ إِنِّي بِمَا تَعْمَلُونَ عَلِيمٌ ﴿٥١﴾

52. Futhi lenkolo yenu inkolo eyodwa futhi Mina ngiyiNkosi yenu, ngakhoke ngithobeleni.

وَإِنَّ هَٰذِهِۦٓ أُمَّتُكُمْ أُمَّةً وَٰحِدَةً وَأَنَا۠ رَبُّكُمْ فَٱتَّقُونِ ﴿٥٢﴾

53. Kepha udaba lwabo lwaqhekeka phakathi kwabo baba ngamaqembu; ilelo nalelo qembu lajabula ngalokho elinakho.

فَتَقَطَّعُوٓا۟ أَمْرَهُم بَيْنَهُمْ زُبُرًا ۖ كُلُّ حِزْبٍۭ بِمَا لَدَيْهِمْ فَرِحُونَ ﴿٥٣﴾

54. Bayekele kanje ekudukeni kwabo kuze kufike isikhathi [esibekiwe].

فَذَرْهُمْ فِى غَمْرَتِهِمْ حَتَّىٰ حِينٍ ﴿٥٤﴾

55. Ingabe bacabanga ukuthi lokhu esibandisela kona kumceso nezingane;

أَيَحْسَبُونَ أَنَّمَا نُمِدُّهُم بِهِۦ مِن مَّالٍ وَبَنِينَ ﴿٥٥﴾

56. Sibaphuthumisela okuhle na? Empeleni abaqondi.

نُسَارِعُ لَهُمْ فِى ٱلْخَيْرَٰتِ ۚ بَل لَّا يَشْعُرُونَ ﴿٥٦﴾

57. Impela labo ngenxa yokwesaba iNkosi yabo bahlala bethukile.

إِنَّ ٱلَّذِينَ هُم مِّنْ خَشْيَةِ رَبِّهِم مُّشْفِقُونَ ﴿٥٧﴾

58. Nalabo abakholelwa kwimibiko yeNkosi yabo.

وَٱلَّذِينَ هُم بِـَٔايَٰتِ رَبِّهِمْ يُؤْمِنُونَ ﴿٥٨﴾

59. Nalabo abangabhanqi lutho neNkosi yabo.

وَٱلَّذِينَ هُم بِرَبِّهِمْ لَا يُشْرِكُونَ ﴿٥٩﴾

60. Nalabo abanikela ngalokho abanikela ngakho izinhliziyo zabo zesaba ukuthi bayobuyela eNkosini yabo.

وَٱلَّذِينَ يُؤْتُونَ مَا ءَاتَوا۟ وَّقُلُوبُهُمْ وَجِلَةٌ أَنَّهُمْ إِلَىٰ رَبِّهِمْ رَٰجِعُونَ ﴿٦٠﴾

61. Yibo ke labo abaphuthuma okulungileyo futhi bayancintisana ngakho.

أُو۟لَٰٓئِكَ يُسَٰرِعُونَ فِى ٱلْخَيْرَٰتِ وَهُمْ لَهَا سَٰبِقُونَ ﴿٦١﴾

62. Futhi akekho umuntu esimthweza umthwalo ongaphezu kwakhe. Futhi sineNcwadi ekhuluma iqiniso. Futhi abasoze benziwa okungebulungiswa.

وَلَا نُكَلِّفُ نَفْسًا إِلَّا وُسْعَهَا ۚ وَلَدَيْنَا كِتَٰبٌ يَنطِقُ بِٱلْحَقِّ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿٦٢﴾

63. Empeleni izinhliziyo zabo zidukile mayelana nalokhu [iKurani] futhi banezinye izenzo ngaphandle kwalokho [ukubhangqa u Allah] abazenzayo.

بَلْ قُلُوبُهُمْ فِى غَمْرَةٍ مِّنْ هَٰذَا وَلَهُمْ أَعْمَٰلٌ مِّن دُونِ ذَٰلِكَ هُمْ لَهَا عَٰمِلُونَ ﴿٦٣﴾

64. Kuyothi lapho sesigasela labo abaziqhakambisayo kubo ngesijeziso; kuyoba yibo labaya sebehayiza.

حَتَّىٰٓ إِذَآ أَخَذْنَا مُتْرَفِيهِم بِٱلْعَذَابِ إِذَا هُمْ يَجْـَٔرُونَ ﴿٦٤﴾

65. Ningahayizi namhlanje ngokuba akukho sizo eniyolithola lapha kithi.

لَا تَجْـَٔرُوا۟ ٱلْيَوْمَ ۖ إِنَّكُم مِّنَّا لَا تُنصَرُونَ ﴿٦٥﴾

66. Impela nanifundelwa imibiko yaMi, kepha nina nahlehla nyovana nibaleka.

قَدْ كَانَتْ ءَايَٰتِى تُتْلَىٰ عَلَيْكُمْ فَكُنتُمْ عَلَىٰٓ أَعْقَٰبِكُمْ تَنكِصُونَ ﴿٦٦﴾

67. Nizigqaja ngayo [iKabha] nikhuluma umbhedo ebusuku.

مُسْتَكْبِرِينَ بِهِۦ سَٰمِرًا تَهْجُرُونَ ﴿٦٧﴾

68. Ingabe abayihlaziyanga yini inkulumo [yeKurani] kumbe bafikelwe yilokho okungakaze kufike kokhokho babo basendulo na?

أَفَلَمْ يَدَّبَّرُوا۟ ٱلْقَوْلَ أَمْ جَآءَهُم مَّا لَمْ يَأْتِ ءَابَآءَهُمُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٦٨﴾

69. Noma abasiboni kahleiSithunywa sabo yingakho nje besiphika?

أَمْ لَمْ يَعْرِفُوا۟ رَسُولَهُمْ فَهُمْ لَهُۥ مُنكِرُونَ ﴿٦٩﴾

70. Kumbe bathi siyahlanya. Empeleni ulethe iqiniso kepha iningi labo alilifuni iqiniso.

أَمْ يَقُولُونَ بِهِۦ جِنَّةٌ ۚ بَلْ جَآءَهُم بِٱلْحَقِّ وَأَكْثَرُهُمْ لِلْحَقِّ كَٰرِهُونَ ﴿٧٠﴾

71. Uma iqiniso lingalandela izinkanuko zabo, amazulu nomhlaba nokuqukethe yikho bekuyonakala. Empeleni sibalethele lokho okuyobaphakamisa kepha bona bakushaya indiva ukuphakanyiswa kwabo.

وَلَوِ ٱتَّبَعَ ٱلۡحَقُّ أَهۡوَآءَهُمۡ لَفَسَدَتِ ٱلسَّمَٰوَٰتُ وَٱلۡأَرۡضُ وَمَن فِيهِنَّۚ بَلۡ أَتَيۡنَٰهُم بِذِكۡرِهِمۡ فَهُمۡ عَن ذِكۡرِهِم مُّعۡرِضُونَ ٧١

72. Kumbe ubacela inzuzo; inzuzo yeNkosi yakho iyona engcono, belu Yiyo enguMondli obandlula bonke.

أَمۡ تَسۡـَٔلُهُمۡ خَرۡجٗا فَخَرَاجُ رَبِّكَ خَيۡرٞۖ وَهُوَ خَيۡرُ ٱلرَّٰزِقِينَ ٧٢

73. Futhi wena [Muhamadi] ubamemela endleleni eqondile.

وَإِنَّكَ لَتَدۡعُوهُمۡ إِلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٖ ٧٣

74. Impela laba abangakholelwa kwelizayo baphambukile endleleni eqondile.

وَإِنَّ ٱلَّذِينَ لَا يُؤۡمِنُونَ بِٱلۡأٓخِرَةِ عَنِ ٱلصِّرَٰطِ لَنَٰكِبُونَ ٧٤

75. Noma singaba nomusa kubo siphinde sisuse ubunzima abakubo, bazobuyela bagxile banhlanhlathe empambukweni yabo.

* وَلَوۡ رَحِمۡنَٰهُمۡ وَكَشَفۡنَا مَا بِهِم مِّن ضُرّٖ لَّلَجُّواْ فِي طُغۡيَٰنِهِمۡ يَعۡمَهُونَ ٧٥

76. Futhi sabahlasela ngesijeziso, kepha abazange bazithobe eNkosini yabo noma bazincengele.

وَلَقَدۡ أَخَذۡنَٰهُم بِٱلۡعَذَابِ فَمَا ٱسۡتَكَانُواْ لِرَبِّهِمۡ وَمَا يَتَضَرَّعُونَ ٧٦

77. Kuze kuthi mhla sibavulela umnyango onesijeziso esinzima kube yibona asebedidekile kuso.

حَتَّىٰٓ إِذَا فَتَحۡنَا عَلَيۡهِم بَابٗا ذَا عَذَابٖ شَدِيدٍ إِذَا هُمۡ فِيهِ مُبۡلِسُونَ ٧٧

78. Futhi nguYena lona onidalele ukuzwa nokubona nezinhliziyo, kepha anivamanga ukubonga.

وَهُوَ ٱلَّذِيٓ أَنشَأَ لَكُمُ ٱلسَّمۡعَ وَٱلۡأَبۡصَٰرَ وَٱلۡأَفۡـِٔدَةَۚ قَلِيلٗا مَّا تَشۡكُرُونَ ٧٨

79. Futhi nguYena lona onidalile emhlabeni futhi niyobuthaniselwa kuye.

وَهُوَ ٱلَّذِي ذَرَأَكُمۡ فِي ٱلۡأَرۡضِ وَإِلَيۡهِ تُحۡشَرُونَ ٧٩

80. NguYena futhi lona oletha ukuphila nokufa futhi ukuphambana kobusuku nemini kungokwaKhe, ake nicabange.

وَهُوَ ٱلَّذِى يُحْىِۦ وَيُمِيتُ وَلَهُ ٱخْتِلَٰفُ ٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ ۚ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٨٠﴾

81. Kepha basho lokho okwashiwo abasendulo.

بَلْ قَالُوا۟ مِثْلَ مَا قَالَ ٱلْأَوَّلُونَ ﴿٨١﴾

82. Bathi: "Kuyothi sesifile saba umhlabathi namathambo, siphinde sivuswe na?"

قَالُوٓا۟ أَءِذَا مِتْنَا وَكُنَّا تُرَابًا وَعِظَٰمًا أَءِنَّا لَمَبْعُوثُونَ ﴿٨٢﴾

83. Kudala sathenjiswa lokhu thina kanye nokhokho bethu phambilini. Lokhu izinganekwane nje zasendulo.

لَقَدْ وُعِدْنَا نَحْنُ وَءَابَآؤُنَا هَٰذَا مِن قَبْلُ إِنْ هَٰذَآ إِلَّآ أَسَٰطِيرُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٨٣﴾

84. Yithi: "Umhlaba nokuhlala kuwo kungokukabani uma ngempela nazi na?"

قُل لِّمَنِ ٱلْأَرْضُ وَمَن فِيهَآ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٨٤﴾

85. Bayothi: "Ngokuka Allah". Yithi: "Kunganike ningalaleli na?"

سَيَقُولُونَ لِلَّهِ ۚ قُلْ أَفَلَا تَذَكَّرُونَ ﴿٨٥﴾

86. Yithi: "Ngubani umnikazi wamazulu ayisikhombisa nomnikazi weSihlalo esikhulu na?"

قُلْ مَن رَّبُّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ ٱلسَّبْعِ وَرَبُّ ٱلْعَرْشِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٨٦﴾

87. Bayothi: "Ngu Allah". Yithi: "Kunganike ningamthobeli na?"

سَيَقُولُونَ لِلَّهِ ۚ قُلْ أَفَلَا تَتَّقُونَ ﴿٨٧﴾

88. Yithi: "Ngubani lona ubukhosi bazo zonke izinto buseZandleni zaKhe futhi uyavikela akavikelwa uma nazi na?"

قُلْ مَنۢ بِيَدِهِۦ مَلَكُوتُ كُلِّ شَىْءٍ وَهُوَ يُجِيرُ وَلَا يُجَارُ عَلَيْهِ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٨٨﴾

89. Bayothi: "Ngu Allah". Yithi: "Pho niyengwe kanjani?"

سَيَقُولُونَ لِلَّهِ ۚ قُلْ فَأَنَّىٰ تُسْحَرُونَ ﴿٨٩﴾

90. Impela sibalethele iqiniso futhi yibona impela abanamanga.

بَلْ أَتَيْنَٰهُم بِٱلْحَقِّ وَإِنَّهُمْ لَكَٰذِبُونَ ﴿٩٠﴾

91. U Allah akaziqokelanga ngane futhi akukho esinye isikhonzwa esinaYe. Ukube bekunjalo, ngabe ileso naleso sikhonzwa besizogqoza nalokho esikudalile futhi bezizozama ukulawulana. Makangcweliswe u Allah kulokho abakushoyo.

مَا ٱتَّخَذَ ٱللَّهُ مِن وَلَدٍ وَمَا كَانَ مَعَهُۥ مِنْ إِلَٰهٍ ۚ إِذًا لَّذَهَبَ كُلُّ إِلَٰهٍۭ بِمَا خَلَقَ وَلَعَلَا بَعْضُهُمْ عَلَىٰ بَعْضٍ ۚ سُبْحَٰنَ ٱللَّهِ عَمَّا يَصِفُونَ ﴿٩١﴾

92. Isazi sokungabonwa nokubonwayo, uphakeme kulokho abakubhangqayo.

عَٰلِمِ ٱلْغَيْبِ وَٱلشَّهَٰدَةِ فَتَعَٰلَىٰ عَمَّا يُشْرِكُونَ ﴿٩٢﴾

93. Yithi: "Nkosi yami, uma ungibonisa lokho abathenjiswe kona [isijeziso]..."

قُل رَّبِّ إِمَّا تُرِيَنِّى مَا يُوعَدُونَ ﴿٩٣﴾

94. Nkosi yami ungangibandakanyi nabantu abaphambukileyo.

رَبِّ فَلَا تَجْعَلْنِى فِى ٱلْقَوْمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٩٤﴾

95. Impela Thina siyakwazi ukukubonisa lokho esibathembise kona.

وَإِنَّا عَلَىٰٓ أَن نُّرِيَكَ مَا نَعِدُهُمْ لَقَٰدِرُونَ ﴿٩٥﴾

96. Wena [Muhamadi] phindisela ngalokho okuhle ukudlula okubi. Thina siyakwazi kahle lokhu abakushoyo.

ٱدْفَعْ بِٱلَّتِى هِىَ أَحْسَنُ ٱلسَّيِّئَةَ ۚ نَحْنُ أَعْلَمُ بِمَا يَصِفُونَ ﴿٩٦﴾

97. Futhi yithi: "Nkosi yami ngizivikela ngaWe kuzilingo zoShayitani".

وَقُل رَّبِّ أَعُوذُ بِكَ مِنْ هَمَزَٰتِ ٱلشَّيَٰطِينِ ﴿٩٧﴾

98. Futhi ngizivikela ngaWe Nkosi yami ekutheni bafike kimi.

وَأَعُوذُ بِكَ رَبِّ أَن يَحْضُرُونِ ﴿٩٨﴾

99. Kuyothi mhla kufika ukufa komunye wabo athi: "Nkosi yami ngibuyisele emuva [emhlabeni]".

حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءَ أَحَدَهُمُ ٱلْمَوْتُ قَالَ رَبِّ ٱرْجِعُونِ ﴿٩٩﴾

لَعَلِّيٓ أَعۡمَلُ صَٰلِحٗا فِيمَا تَرَكۡتُۚ كَلَّآۚ إِنَّهَا كَلِمَةٌ هُوَ قَآئِلُهَاۖ وَمِن وَرَآئِهِم بَرۡزَخٌ إِلَىٰ يَوۡمِ يُبۡعَثُونَ ١٠٠

100. Ukuze ngenze okulungileyo kulokho engakushiya emuva. Phinde!; impela amazwi nje awashoyo [angazimisele ngawo]. Futhi ngaphambi kwakhe iBarizakhi kuze kube usuku lapho beyovuswa.

فَإِذَا نُفِخَ فِي ٱلصُّورِ فَلَآ أَنسَابَ بَيۡنَهُمۡ يَوۡمَئِذٖ وَلَا يَتَسَآءَلُونَ ١٠١

101. Mhla kushaywa icilongo, buyophela ubuhlobo phakathi kwabo ngalolo suku futhi abayi kubuzana.

فَمَن ثَقُلَتۡ مَوَٰزِينُهُۥ فَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡمُفۡلِحُونَ ١٠٢

102. Lowo oyoba nezisindo ezisindayo; yilabo abayophumelela.

وَمَنۡ خَفَّتۡ مَوَٰزِينُهُۥ فَأُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ خَسِرُوٓاْ أَنفُسَهُمۡ فِي جَهَنَّمَ خَٰلِدُونَ ١٠٣

103. Kepha lowo oyoba nezisindo ezilula; yilaboke abazilahlekele eJahanamu bayohlala kuyo unaphakade.

تَلۡفَحُ وُجُوهَهُمُ ٱلنَّارُ وَهُمۡ فِيهَا كَٰلِحُونَ ١٠٤

104. Umlilo uyoshiya ubuso babo futhi bayohlala behlinile [izindebe zishile amazinyo eqhethile] kuyo.

أَلَمۡ تَكُنۡ ءَايَٰتِي تُتۡلَىٰ عَلَيۡكُمۡ فَكُنتُم بِهَا تُكَذِّبُونَ ١٠٥

105. Ingabe anizange yini nifundelwe imibiko yami kepha nina nayiphika.

قَالُواْ رَبَّنَا غَلَبَتۡ عَلَيۡنَا شِقۡوَتُنَا وَكُنَّا قَوۡمٗا ضَآلِّينَ ١٠٦

106. Bayothi: "Nkosi yethu, sehlulwe ukulahlekelwa kwethu [ngokulandela izinkanuko] kanjalo saba ngabantu abadukile".

رَبَّنَآ أَخۡرِجۡنَا مِنۡهَا فَإِنۡ عُدۡنَا فَإِنَّا ظَٰلِمُونَ ١٠٧

107. Nkosi sikhiphe kuyo [iJahanamu], uma nje sike sabuyela kuyo siyobe impela siphambukile.

108. Uyothi: "Sukani la, hlalani kuso futhi ningangikhulumisi".

قَالَ ٱخْسَـُٔوا۟ فِيهَا وَلَا تُكَلِّمُونِ ﴿١٠٨﴾

109. Impela bekuneqembu lezigqila zaMi [ezikholwayo] ezithi: "Nkosi yethu, siyakholwa; ngakhoke sithethelele usihawukele futhi Wena unomusa ukudlula bonke abanomusa.

إِنَّهُۥ كَانَ فَرِيقٌ مِّنْ عِبَادِى يَقُولُونَ رَبَّنَآ ءَامَنَّا فَٱغْفِرْ لَنَا وَٱرْحَمْنَا وَأَنتَ خَيْرُ ٱلرَّٰحِمِينَ ﴿١٠٩﴾

110. Kepha nina nabathathisa okwenhlekisa baze banenza nakhohlwa ukukhumbula Mina naphinde nabahleka.

فَٱتَّخَذْتُمُوهُمْ سِخْرِيًّا حَتَّىٰٓ أَنسَوْكُمْ ذِكْرِى وَكُنتُم مِّنْهُمْ تَضْحَكُونَ ﴿١١٠﴾

111. Impela namhlanje ngibahlomulisile ukuthi bangababaphumelele ngenxa yokubekezela kwabo.

إِنِّى جَزَيْتُهُمُ ٱلْيَوْمَ بِمَا صَبَرُوٓا۟ أَنَّهُمْ هُمُ ٱلْفَآئِزُونَ ﴿١١١﴾

112. Uyothi: "Mingaki iminyaka eniyihlale emhlabeni na?"

قَٰلَ كَمْ لَبِثْتُمْ فِى ٱلْأَرْضِ عَدَدَ سِنِينَ ﴿١١٢﴾

113. Bayothi: "Sihlale usuku noma ingxenye yosuku, buza ababali."

قَالُوا۟ لَبِثْنَا يَوْمًا أَوْ بَعْضَ يَوْمٍ فَسْـَٔلِ ٱلْعَآدِّينَ ﴿١١٣﴾

114. Uyothi: "Nihlale isikhathi esincane impela, ukube nje benazi."

قَٰلَ إِن لَّبِثْتُمْ إِلَّا قَلِيلًا ۖ لَّوْ أَنَّكُمْ كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿١١٤﴾

115. Ingabe nicabanga ukuthi sinidalele ize nokuthi ngeke nisabuyela kithi na?

أَفَحَسِبْتُمْ أَنَّمَا خَلَقْنَٰكُمْ عَبَثًا وَأَنَّكُمْ إِلَيْنَا لَا تُرْجَعُونَ ﴿١١٥﴾

116. Uphakeme u Allah iNkosi yeqiniso; akekho okufanele akhonzwe ngaphandle kwaKhe, umnikazi weSihlalo Esihloniphekile.

فَتَعَٰلَى ٱللَّهُ ٱلْمَلِكُ ٱلْحَقُّ ۖ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ رَبُّ ٱلْعَرْشِ ٱلْكَرِيمِ ﴿١١٦﴾

117. Lowo obhangqa no Allah esinye isikhonzwa engenabufakazi ngaso; ukwehlulela kwaKhe kuseNkosini yakhe. Impela abangakholwa abasoze baphumelela.

وَمَن يَدۡعُ مَعَ ٱللَّهِ إِلَٰهًا ءَاخَرَ لَا بُرۡهَٰنَ لَهُۥ بِهِۦ فَإِنَّمَا حِسَابُهُۥ عِندَ رَبِّهِۦٓۚ إِنَّهُۥ لَا يُفۡلِحُ ٱلۡكَٰفِرُونَ ١١٧

118. Futhi yithi: "Nkosi yami thethelela uphinde uhawukele ngokuba Wena unomusa ukwedlula bonke abanomusa".

وَقُل رَّبِّ ٱغۡفِرۡ وَٱرۡحَمۡ وَأَنتَ خَيۡرُ ٱلرَّٰحِمِينَ ١١٨

(24) SURA NURU
UKUKHANYA

سُورَةُ النُّورِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

سُورَةٌ أَنزَلْنَٰهَا وَفَرَضْنَٰهَا وَأَنزَلْنَا فِيهَآ ءَايَٰتٍۭ بَيِّنَٰتٍ لَّعَلَّكُمْ تَذَكَّرُونَ ﴿١﴾

1. Lena isura [isahluko] esiyambulele futhi sayiphoqelela ukuba ilandelwe sembulela futhi kuyo imibiko ecacile ukuze nilalele.

ٱلزَّانِيَةُ وَٱلزَّانِى فَٱجْلِدُوا۟ كُلَّ وَٰحِدٍ مِّنْهُمَا مِاْئَةَ جَلْدَةٍ ۖ وَلَا تَأْخُذْكُم بِهِمَا رَأْفَةٌ فِى دِينِ ٱللَّهِ إِن كُنتُمْ تُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ ۖ وَلْيَشْهَدْ عَذَابَهُمَا طَآئِفَةٌ مِّنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٢﴾

2. Umphingi wesimame nowesilisa babhaxabuleni ngamunye amahlandla ayikhulu, futhi ningabazweli ekugcineni inkambiso ka Allah uma ngempela nikholelwa ku Allah nasoSukwini lokugcina. Futhi isijeziso sabo kumele sithanyelwe ibandla lalabo abakholwayo.

ٱلزَّانِى لَا يَنكِحُ إِلَّا زَانِيَةً أَوْ مُشْرِكَةً وَٱلزَّانِيَةُ لَا يَنكِحُهَآ إِلَّا زَانٍ أَوْ مُشْرِكٌ ۚ وَحُرِّمَ ذَٰلِكَ عَلَى ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٣﴾

3. Umphingi wesilisa ushada kuphela umphingi wesimame noma umkhonzi zithixo wesimame. Kanjalo nomphingi wesimame ushadwa kuphela umphingi wesilisa noma umkhonzi zithixo wesilisa. Kepha lokho kunqantshelwe kwabakholwayo.

وَٱلَّذِينَ يَرْمُونَ ٱلْمُحْصَنَٰتِ ثُمَّ لَمْ يَأْتُوا۟ بِأَرْبَعَةِ شُهَدَآءَ فَٱجْلِدُوهُمْ ثَمَٰنِينَ جَلْدَةً

4. Futhi labo abasola ngecala abesimame abaziphethe kahle bese bengalethi ofakazi abane;

babhaxabuleni amahlandla angamashumi ayisishagalombili bese ningaphinde namukele ubufazi babo. Futhi labo bayizeqa mthetho.

وَلَا تَقْبَلُوا۟ لَهُمْ شَهَـٰدَةً أَبَدًا ۚ وَأُو۟لَـٰٓئِكَ هُمُ ٱلْفَـٰسِقُونَ ﴿٤﴾

5. Ngaphandle ke kwalabo abazisolayo bacele intethelelo emuva kwalokho baphinde benze okulungileyo; impela u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

إِلَّا ٱلَّذِينَ تَابُوا۟ مِنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ وَأَصْلَحُوا۟ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٥﴾

6. Labo abesilisa abasola abafazi babo ngecala [lokungathembeki emshadweni] kepha bengenabo ofakazi ngaphandle kwabo uqobo. Ubufakazi boyedwa kubo ukuba afunge kane ngo Allah ukuthi uqinisile.

وَٱلَّذِينَ يَرْمُونَ أَزْوَٰجَهُمْ وَلَمْ يَكُن لَّهُمْ شُهَدَآءُ إِلَّآ أَنفُسُهُمْ فَشَهَـٰدَةُ أَحَدِهِمْ أَرْبَعُ شَهَـٰدَٰتٍۭ بِٱللَّهِ ۙ إِنَّهُۥ لَمِنَ ٱلصَّـٰدِقِينَ ﴿٦﴾

7. Kobesihlanu [afunge] ngokuthi isiqalekiso sika Allah sibe kuye uma eqamba amanga.

وَٱلْخَـٰمِسَةُ أَنَّ لَعْنَتَ ٱللَّهِ عَلَيْهِ إِن كَانَ مِنَ ٱلْكَـٰذِبِينَ ﴿٧﴾

8. Kuyomele bakumise ukumjezisa owesimame uma efunga kane ngo Allah ukuthi [umyeni wakhe] uqamba amanga.

وَيَدْرَؤُا۟ عَنْهَا ٱلْعَذَابَ أَن تَشْهَدَ أَرْبَعَ شَهَـٰدَٰتٍۭ بِٱللَّهِ ۙ إِنَّهُۥ لَمِنَ ٱلْكَـٰذِبِينَ ﴿٨﴾

9. Kobesihlanu [afunge] ngokuthi ulaka luka Allah lube kuye [owesimame] uma [umyeni wakhe] eqinisile.

وَٱلْخَـٰمِسَةَ أَنَّ غَضَبَ ٱللَّهِ عَلَيْهَآ إِن كَانَ مِنَ ٱلصَّـٰدِقِينَ ﴿٩﴾

10. Ukube bekungesiwo umusa ka Allah kini nesihe sakhe nokuthi u Allah Uyathethelela Ukhaliphile [bekazobhubha lapho lona oqamba amanga].

وَلَوْلَا فَضْلُ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَتُهُۥ وَأَنَّ ٱللَّهَ تَوَّابٌ حَكِيمٌ ﴿١٠﴾

إِنَّ ٱلَّذِينَ جَآءُو بِٱلْإِفْكِ عُصْبَةٌ
مِّنكُمْ ۚ لَا تَحْسَبُوهُ شَرًّا لَّكُم ۖ بَلْ
هُوَ خَيْرٌ لَّكُمْ ۚ لِكُلِّ ٱمْرِئٍ مِّنْهُم مَّا
ٱكْتَسَبَ مِنَ ٱلْإِثْمِ ۚ وَٱلَّذِى تَوَلَّىٰ
كِبْرَهُۥ مِنْهُمْ لَهُۥ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿١١﴾

11. Impela labo abeza namanga aluhlaza[1], iquqaba ngaphakathi kini. Ningacabangi ukuthi ayinto embi kini kepha ayinto enhle kini. Wonke umuntu kini uyothola isijeziso salokho akuzizile empambukweni. Kuthi lowo obe kunguyena obe nendima enkulu kuwo [lamanga] ngaphakathi kwenu, yena uyothola isijeziso esikhulu.

لَّوْلَآ إِذْ سَمِعْتُمُوهُ ظَنَّ ٱلْمُؤْمِنُونَ
وَٱلْمُؤْمِنَٰتُ بِأَنفُسِهِمْ خَيْرًا وَقَالُوا۟ هَٰذَآ
إِفْكٌ مُّبِينٌ ﴿١٢﴾

12. Ukube nje nathi lapho niwezwa, abakholwayo besilisa nesifazane bavane bacabanga okuhle ngabanye babo bese bathi: "Lana ngamanga aluhlaza".

لَّوْلَا جَآءُو عَلَيْهِ بِأَرْبَعَةِ شُهَدَآءَ ۚ فَإِذْ لَمْ
يَأْتُوا۟ بِٱلشُّهَدَآءِ فَأُو۟لَٰٓئِكَ عِندَ ٱللَّهِ هُمُ
ٱلْكَٰذِبُونَ ﴿١٣﴾

13. Kungani bengalethanga ofakazi abane na? Uma bengabalethanga ofakazi, laboke ku Allah bangabaqambi manga.

وَلَوْلَا فَضْلُ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَتُهُۥ فِى
ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةِ لَمَسَّكُمْ فِى مَآ أَفَضْتُمْ
فِيهِ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿١٤﴾

14. Ukube bekungewona umussa ka Allah kini nesihe saKhe emhlabeni nakwelizayo, beniyotholwa isijeziso esikhulu kulokhu enigaxele kukho.

إِذْ تَلَقَّوْنَهُۥ بِأَلْسِنَتِكُمْ وَتَقُولُونَ
بِأَفْوَٰهِكُم مَّا لَيْسَ لَكُم بِهِۦ عِلْمٌ
وَتَحْسَبُونَهُۥ هَيِّنًا وَهُوَ عِندَ ٱللَّهِ
عَظِيمٌ ﴿١٥﴾

15. Mhla niwathutha ngamalimi enu futhi nikhuluma ngemilomo yenu lokho ebeningenalwazi ngakho, nicabanga ukuthi kuyinto encane kulapho kuyinto enkulu ku Allah.

1 Okusola omunye wamakhosikazi eSithunywa uMuhamadi ﷺ ngokungathembeki ngokwenza amanyala.

وَلَوْلَآ إِذْ سَمِعْتُمُوهُ قُلْتُم مَّا يَكُونُ لَنَآ أَن نَّتَكَلَّمَ بِهَٰذَا سُبْحَٰنَكَ هَٰذَا بُهْتَٰنٌ عَظِيمٌ ﴿١٦﴾

16. Ukube nje mhla niwezwa navane nathi: "Asinalo igunya lokhuphawula ngalokhu, mawungcweliswe Wena, lokhu ukuthunaza okukhulu".

يَعِظُكُمُ ٱللَّهُ أَن تَعُودُواْ لِمِثْلِهِۦٓ أَبَدًا إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١٧﴾

17. U Allah uyaxwayisa ukuba ningaphinde nenze okufanayo uma ngempela ningabakholwayo.

وَيُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمُ ٱلْءَايَٰتِ ۚ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٌ ﴿١٨﴾

18. Futhi u Allah unicacisele imibiko. U Allah Ungowaziyo Okhaliphile.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يُحِبُّونَ أَن تَشِيعَ ٱلْفَٰحِشَةُ فِى ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةِ ۚ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ وَأَنتُمْ لَا تَعْلَمُونَ ﴿١٩﴾

19. Impela labo abathanda ukuba amanyala asabalale ngalabo abakholwayo, bayothola isijeziso esibuhlungu emhlabeni nakwelizayo. U Allah uyazi kepha nina anazi.

وَلَوْلَا فَضْلُ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَتُهُۥ وَأَنَّ ٱللَّهَ رَءُوفٌ رَّحِيمٌ ﴿٢٠﴾

20. Ukube bekungesiwo umusa ka Allah kini nesihawu saKhe nokuthi u Allah Unobubele Unesihawu [ngabe unijezisile].

* يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَتَّبِعُواْ خُطُوَٰتِ ٱلشَّيْطَٰنِ ۚ وَمَن يَتَّبِعْ خُطُوَٰتِ ٱلشَّيْطَٰنِ فَإِنَّهُۥ يَأْمُرُ بِٱلْفَحْشَآءِ وَٱلْمُنكَرِ ۚ وَلَوْلَا فَضْلُ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَتُهُۥ مَا زَكَىٰ مِنكُم مِّنْ أَحَدٍ أَبَدًا وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ يُزَكِّى مَن يَشَآءُ ۗ وَٱللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٢١﴾

21. Nina enikholwayo, ningalandeli ezinyathelweni zika Shayitani; ngokuba lowo oyolandela ezinyathelweni zika Shayitani, impela ugqugquzela amanyala nempambuko. Ukube bengesiwo umusa ka Allah kini nesihe saKhe bukungasoze kube khona noyedwa kini obeyohlanzeka [ezimpambukweni zakhe]. Kepha u Allah uhlanza amthandayo futhi Ungozwayo Owaziyo.

وَلَا يَأْتَلِ أُوْلُواْ ٱلْفَضْلِ مِنكُمْ وَٱلسَّعَةِ أَن يُؤْتُوٓاْ أُوْلِى ٱلْقُرْبَىٰ وَٱلْمَسَٰكِينَ وَٱلْمُهَٰجِرِينَ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ۖ وَلْيَعْفُواْ وَلْيَصْفَحُوٓاْ ۗ أَلَا تُحِبُّونَ أَن يَغْفِرَ ٱللَّهُ لَكُمْ ۚ وَٱللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٢٢﴾

22. Labo abaqotho kini nabanjingile mabangafungeli ukuyeka ukupha izihlobo nabampofu nabafuduka endleleni ka Allah. Mabaxolele bandlulise. Anifuni yini ukuba u Allah anithethelele na? Ngokuba u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَرْمُونَ ٱلْمُحْصَنَٰتِ ٱلْغَٰفِلَٰتِ ٱلْمُؤْمِنَٰتِ لُعِنُواْ فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةِ وَلَهُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿٢٣﴾

23. Impela, labo abasola ngecala labo abesimame abakholwayo abaziphethe kahle abangazibandakanyi namanyala; baqalekisiwe emhlabeni nakwelizayo, futhi bayothola isijeziso esikhulu.

يَوْمَ تَشْهَدُ عَلَيْهِمْ أَلْسِنَتُهُمْ وَأَيْدِيهِمْ وَأَرْجُلُهُم بِمَا كَانُواْ يَعْمَلُونَ ﴿٢٤﴾

24. Ngosuku lapho ulimi lwabo nezandla zabo kanye nemilenze yabo iyofakaza ngabo mayelana nalokho ababekwenza.

يَوْمَئِذٍ يُوَفِّيهِمُ ٱللَّهُ دِينَهُمُ ٱلْحَقَّ وَيَعْلَمُونَ أَنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْحَقُّ ٱلْمُبِينُ ﴿٢٥﴾

25. Ngalolo suku u Allah uyobanika ngokugcwele isabelo sabo seqiniso futhi bayokwazi ukuthi u Allah nguYena Oyiqiniso Elisobala.

ٱلْخَبِيثَٰتُ لِلْخَبِيثِينَ وَٱلْخَبِيثُونَ لِلْخَبِيثَٰتِ ۖ وَٱلطَّيِّبَٰتُ لِلطَّيِّبِينَ وَٱلطَّيِّبُونَ لِلطَّيِّبَٰتِ ۚ أُوْلَٰٓئِكَ مُبَرَّءُونَ مِمَّا يَقُولُونَ ۖ لَهُم مَّغْفِرَةٌ وَرِزْقٌ كَرِيمٌ ﴿٢٦﴾

26. Abesifazane ababolile bathola abesilisa ababolile, nabesilisa ababolile bayothola abesifazane ababolile. Kuthi abesifazane abahlanzekile bathole abesilisa abahlanzekile nabesilisa abahlanzekile bayothola abesifazane abahlanzekile. Labo abahlangene nalokho abakukhulumayo. Bayothola intethelelo nesondlo esihle.

27. Nina enikholwayo, ningangeni ezindlini okungezona ezenu ningakakhuleki futhi nibingelele abanikazi bazo. Lokho yikona okugcono kini ukuze nilalele.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَدۡخُلُواْ بُيُوتًا غَيۡرَ بُيُوتِكُمۡ حَتَّىٰ تَسۡتَأۡنِسُواْ وَتُسَلِّمُواْ عَلَىٰٓ أَهۡلِهَاۚ ذَٰلِكُمۡ خَيۡرٞ لَّكُمۡ لَعَلَّكُمۡ تَذَكَّرُونَ ٢٧

28. Uma ningatholi muntu kuzo, ningangeni kuze kube nithola imvumo. Uma nitshelwa ukuthi buyelani emuva, buyelani emuva, ngokuba yokona okuhlanzekile kini. Futhi u Allah Uyakwazi enikwenzayo.

فَإِن لَّمۡ تَجِدُواْ فِيهَآ أَحَدٗا فَلَا تَدۡخُلُوهَا حَتَّىٰ يُؤۡذَنَ لَكُمۡۖ وَإِن قِيلَ لَكُمُ ٱرۡجِعُواْ فَٱرۡجِعُواْۖ هُوَ أَزۡكَىٰ لَكُمۡۚ وَٱللَّهُ بِمَا تَعۡمَلُونَ عَلِيمٞ ٢٨

29. Aninacala uma ningena ezindlini okungasahlali muntu kuzo okunensizakalo yenu kuzo. Futhi u Allah uyakwazi konke enibeka obala nenikufihlayo.

لَّيۡسَ عَلَيۡكُمۡ جُنَاحٌ أَن تَدۡخُلُواْ بُيُوتًا غَيۡرَ مَسۡكُونَةٖ فِيهَا مَتَٰعٞ لَّكُمۡۚ وَٱللَّهُ يَعۡلَمُ مَا تُبۡدُونَ وَمَا تَكۡتُمُونَ ٢٩

30. Tshela abakholwayo besilisa ukuba babhekise phansi amehlo abo [kokunqatshelwe] bavikele nezitho zabo zangasese. Lokho yikona okuhlanzekile kubo. Impela u Allah Unolwazi ngalokho abakwenzayo.

قُل لِّلۡمُؤۡمِنِينَ يَغُضُّواْ مِنۡ أَبۡصَٰرِهِمۡ وَيَحۡفَظُواْ فُرُوجَهُمۡۚ ذَٰلِكَ أَزۡكَىٰ لَهُمۡۚ إِنَّ ٱللَّهَ خَبِيرُۢ بِمَا يَصۡنَعُونَ ٣٠

31. Uphinde utshele abakholwayo besimame ukuba babhekise phansi amehlo abo [kokunqatshelwe] bavikele nezitho zabo zangasese. Futhi bangavezi ubuhle babo ngaphandle kwalokho okuzivelelayo. Futhi mabavale ngamakhimari [indwangu evala ikhanda kuya phansi] abo izifuba zabo. Futhi

وَقُل لِّلۡمُؤۡمِنَٰتِ يَغۡضُضۡنَ مِنۡ أَبۡصَٰرِهِنَّ وَيَحۡفَظۡنَ فُرُوجَهُنَّ وَلَا يُبۡدِينَ زِينَتَهُنَّ إِلَّا مَا ظَهَرَ مِنۡهَاۖ وَلۡيَضۡرِبۡنَ بِخُمُرِهِنَّ عَلَىٰ جُيُوبِهِنَّۖ وَلَا يُبۡدِينَ زِينَتَهُنَّ إِلَّا لِبُعُولَتِهِنَّ أَوۡ ءَابَآئِهِنَّ أَوۡ ءَابَآءِ بُعُولَتِهِنَّ أَوۡ أَبۡنَآئِهِنَّ أَوۡ أَبۡنَآءِ بُعُولَتِهِنَّ أَوۡ إِخۡوَٰنِهِنَّ

أَوْ بَنِيٓ إِخْوَٰنِهِنَّ أَوْ بَنِيٓ أَخَوَٰتِهِنَّ أَوْ نِسَآئِهِنَّ أَوْ مَا مَلَكَتْ أَيْمَٰنُهُنَّ أَوِ ٱلتَّٰبِعِينَ غَيْرِ أُو۟لِى ٱلْإِرْبَةِ مِنَ ٱلرِّجَالِ أَوِ ٱلطِّفْلِ ٱلَّذِينَ لَمْ يَظْهَرُوا۟ عَلَىٰ عَوْرَٰتِ ٱلنِّسَآءِ ۖ وَلَا يَضْرِبْنَ بِأَرْجُلِهِنَّ لِيُعْلَمَ مَا يُخْفِينَ مِن زِينَتِهِنَّ ۚ وَتُوبُوٓا۟ إِلَى ٱللَّهِ جَمِيعًا أَيُّهَ ٱلْمُؤْمِنُونَ لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿٣١﴾

bangavezeli muntu ubuhle babo ngaphandle kwabayeni babo noma oyise noma abakhwe babo noma amadodana abo [abawazalayo] noma amadodana wabayeni babo noma abafowabo noma amadodana abafowabo noma amadodana wodadewabo noma abanye abafazi [abakholwayo] noma izigqila zabo noma amadoda ayizisebenzi angasenayo imizwa [ngezansi] noma izingane ezingakazi lutho ngengasese labesimame. Futhi mabangashayi phansi imilenze yabo ukuze kwaziwe lokho abakufihlile okuwubuhle babo. Celani intethelelo ku Allah nina nonke enikholwayo ukuze niphumelele.

وَأَنكِحُوا۟ ٱلْأَيَـٰمَىٰ مِنكُمْ وَٱلصَّٰلِحِينَ مِنْ عِبَادِكُمْ وَإِمَآئِكُمْ ۚ إِن يَكُونُوا۟ فُقَرَآءَ يُغْنِهِمُ ٱللَّهُ مِن فَضْلِهِۦ ۗ وَٱللَّهُ وَٰسِعٌ عَلِيمٌ ﴿٣٢﴾

32. Futhi shadisani labo abangashadile kini nalabo abaqotho kuzigqila zenu zesilisa nesifazane. Uma beswele u Allah uyobanjingisa ngomusa waKhe. U Allah wengamele konke Uyazi.

وَلْيَسْتَعْفِفِ ٱلَّذِينَ لَا يَجِدُونَ نِكَاحًا حَتَّىٰ يُغْنِيَهُمُ ٱللَّهُ مِن فَضْلِهِۦ ۗ وَٱلَّذِينَ يَبْتَغُونَ ٱلْكِتَٰبَ مِمَّا مَلَكَتْ أَيْمَٰنُكُمْ فَكَاتِبُوهُمْ إِنْ عَلِمْتُمْ فِيهِمْ خَيْرًا ۖ وَءَاتُوهُم مِّن مَّالِ ٱللَّهِ ٱلَّذِىٓ ءَاتَىٰكُمْ ۚ وَلَا تُكْرِهُوا۟ فَتَيَٰتِكُمْ عَلَى ٱلْبِغَآءِ إِنْ أَرَدْنَ تَحَصُّنًا

33. Labo abangenawo amandla okushada mabaziphathe kahle kuze kube u Allah uyamnjingisa ngomusa waKhe. Futhi labo kuzigqila zenu abafuna ukusebenzela inkululeko yabo, bavumuleni uma kunobuqotho enibaziyo ngabo. Futhi nibaphe kumcebo ka Allah lona aniphe wona. Futhi ningaphoqeleli

izigqila zenu zesifazane ekubeni onondindwa, ukuze nizuze izinto zempilo yasemhlabeni, uma zona zizifunela isimilo. Lowo ozoziphoqa, impela u Allah emuva kokuziphoqa Ungumthetheleli Onesihawu [kuzo].

لِّتَبْتَغُوا۟ عَرَضَ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۚ وَمَن يُكْرِههُّنَّ فَإِنَّ ٱللَّهَ مِنۢ بَعْدِ إِكْرَٰهِهِنَّ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٣٣﴾

34. Impela sembulela kuwe [Muhamadi] imibiko ecacisayo nesibonelo salabo asebandlula ngaphambi kwenu kanjalo neseluleko kulabo abathobela intando ka Allah.

وَلَقَدْ أَنزَلْنَآ إِلَيْكُمْ ءَايَٰتٍ مُّبَيِّنَٰتٍ وَمَثَلًا مِّنَ ٱلَّذِينَ خَلَوْا۟ مِن قَبْلِكُمْ وَمَوْعِظَةً لِّلْمُتَّقِينَ ﴿٣٤﴾

35. U Allah Uwukukhanya kwamazulu nomhlaba. Ukukhanya kwaKhe kufana nengosi enesibani kuyo; isibani esisengilazini. Ingilazi yona ngathi inkanyezi ekhazimulayo eyokhelwe ngamafutha esihlahla esibusisiwe, esingekho ngase mpumalanga noma ngase ntshonalanga. Amafutha kuthi awakhanye wona ngokwawo noma engakokhelwa ngomlilo. Ukukhanya phezu kokunye ukukhanya. U Allah uholela amthandayo ekukhanyeni kwaKhe. Futhi wenzela abantu imizekelo. Futhi u Allah wazi ngayo yonke into.

۞ ٱللَّهُ نُورُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ مَثَلُ نُورِهِۦ كَمِشْكَوٰةٍ فِيهَا مِصْبَاحٌ ۖ ٱلْمِصْبَاحُ فِى زُجَاجَةٍ ۖ ٱلزُّجَاجَةُ كَأَنَّهَا كَوْكَبٌ دُرِّىٌّ يُوقَدُ مِن شَجَرَةٍ مُّبَٰرَكَةٍ زَيْتُونَةٍ لَّا شَرْقِيَّةٍ وَلَا غَرْبِيَّةٍ يَكَادُ زَيْتُهَا يُضِىٓءُ وَلَوْ لَمْ تَمْسَسْهُ نَارٌ ۚ نُّورٌ عَلَىٰ نُورٍ ۚ يَهْدِى ٱللَّهُ لِنُورِهِۦ مَن يَشَآءُ ۚ وَيَضْرِبُ ٱللَّهُ ٱلْأَمْثَٰلَ لِلنَّاسِ ۗ وَٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿٣٥﴾

36. Ezindlini [emaMasjidi] u Allah ukuvumele ukuba zakhiwe zimiswe bese kukhunjulwa iGama lika Allah kuzo. Ababaza

فِى بُيُوتٍ أَذِنَ ٱللَّهُ أَن تُرْفَعَ وَيُذْكَرَ فِيهَا ٱسْمُهُۥ يُسَبِّحُ لَهُۥ فِيهَا بِٱلْغُدُوِّ وَٱلْءَاصَالِ ﴿٣٦﴾

ubungcwele baKhe kuzo ekuseni nantambama..;

رِجَالٌ لَّا تُلْهِيهِمْ تِجَٰرَةٌ وَلَا بَيْعٌ عَن ذِكْرِ ٱللَّهِ وَإِقَامِ ٱلصَّلَوٰةِ وَإِيتَآءِ ٱلزَّكَوٰةِ يَخَافُونَ يَوْمًا تَتَقَلَّبُ فِيهِ ٱلْقُلُوبُ وَٱلْأَبْصَٰرُ ﴿٣٧﴾

37. Amadoda angayengwa uhwebo nokuhweba ekukhumbuleni u Allah nokwenza iswala nokukhipha iZakati; besaba usuku lapho izinhliziyo namehlo kuyophenduka.

لِيَجْزِيَهُمُ ٱللَّهُ أَحْسَنَ مَا عَمِلُوا۟ وَيَزِيدَهُم مِّن فَضْلِهِۦ ۗ وَٱللَّهُ يَرْزُقُ مَن يَشَآءُ بِغَيْرِ حِسَابٍ ﴿٣٨﴾

38. Ukuze u Allah abahlomulise ngokuhle ukudlula lokho ababekwenza aphinde abengezele ngomusa waKhe. U Allah wondla amthandayo ngokungemkhawulo.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ أَعْمَٰلُهُمْ كَسَرَابٍۭ بِقِيعَةٍ يَحْسَبُهُ ٱلظَّمْـَٔانُ مَآءً حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءَهُۥ لَمْ يَجِدْهُ شَيْـًٔا وَوَجَدَ ٱللَّهَ عِندَهُۥ فَوَفَّىٰهُ حِسَابَهُۥ ۗ وَٱللَّهُ سَرِيعُ ٱلْحِسَابِ ﴿٣٩﴾

39. Futhi labo abangakholwa, izenzo zabo zifana notalagu olosethafeni eliwugwadule, lowo owonyiwe acabanga ukuthi amanzi, kuthi lapho efika kulo angatholi lutho kepha athole u Allah kulo amehlulele ngokuphelele. Futhi u Allah uyashesha lapho ehlulela.

أَوْ كَظُلُمَٰتٍ فِى بَحْرٍ لُّجِّىٍّ يَغْشَىٰهُ مَوْجٌ مِّن فَوْقِهِۦ مَوْجٌ مِّن فَوْقِهِۦ سَحَابٌ ۚ ظُلُمَٰتٌۢ بَعْضُهَا فَوْقَ بَعْضٍ إِذَآ أَخْرَجَ يَدَهُۥ لَمْ يَكَدْ يَرَىٰهَا ۗ وَمَن لَّمْ يَجْعَلِ ٱللَّهُ لَهُۥ نُورًا فَمَا لَهُۥ مِن نُّورٍ ﴿٤٠﴾

40. Noma zifana nobumnyama ekujuleni kolwandle olumbozwe igagasi okunegagasi elinye ngaphezu kwalo kube nefu ngaphezu kwalo. Ubumnyama phezu kobunye ubumnyama. Kuthi lapho ekhipha isandla sakhe acishe angasiboni. Futhi lowo u Allah angamnikanga ukukhanya akasoze abe nakho ukukhanya.

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ يُسَبِّحُ لَهُۥ مَن فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَٱلطَّيْرُ صَٰٓفَّٰتٍ ۖ كُلٌّ قَدْ عَلِمَ صَلَاتَهُۥ وَتَسْبِيحَهُۥ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِمَا يَفْعَلُونَ ﴿٤١﴾

41. Awuboni ukuthi konke okusemazulwini nasemhlabeni kudumisa u Allah ngisho izinyoni ezindizayo; konke kuyayazi indlela okumthandaza ngayo [u Allah] neyokumdumisa. Futhi u Allah ukwazi konke abakwenzayo.

وَلِلَّهِ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ وَإِلَى ٱللَّهِ ٱلْمَصِيرُ ﴿٤٢﴾

42. Ubukhosi basemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah futhi isiphetho siyokuba ku Allah.

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ يُزْجِى سَحَابًا ثُمَّ يُؤَلِّفُ بَيْنَهُۥ ثُمَّ يَجْعَلُهُۥ رُكَامًا فَتَرَى ٱلْوَدْقَ يَخْرُجُ مِنْ خِلَٰلِهِۦ وَيُنَزِّلُ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مِن جِبَالٍ فِيهَا مِنۢ بَرَدٍ فَيُصِيبُ بِهِۦ مَن يَشَآءُ وَيَصْرِفُهُۥ عَن مَّن يَشَآءُ ۖ يَكَادُ سَنَا بَرْقِهِۦ يَذْهَبُ بِٱلْأَبْصَٰرِ ﴿٤٣﴾

43. Awazi ukuthi u Allah uqhuba amafu bese ewahlanganisa abe yimbumba, bese ubona imvula iphuma phakathi kwabo. Aphinde ehlise imvula ezintabeni ebandayo ahlasele ngayo amthandayo ayiqhelise kulowo amthandayo. Ukubanika kwayo kucishe kuvale amehlo.

يُقَلِّبُ ٱللَّهُ ٱلَّيْلَ وَٱلنَّهَارَ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَعِبْرَةً لِّأُو۟لِى ٱلْأَبْصَٰرِ ﴿٤٤﴾

44. U Allah uguqula ubusuku nemini. Impela kulokho kunesifundo kulabo abahlaziyayo.

وَٱللَّهُ خَلَقَ كُلَّ دَآبَّةٍ مِّن مَّآءٍ ۖ فَمِنْهُم مَّن يَمْشِى عَلَىٰ بَطْنِهِۦ وَمِنْهُم مَّن يَمْشِى عَلَىٰ رِجْلَيْنِ وَمِنْهُم مَّن يَمْشِى عَلَىٰٓ أَرْبَعٍ ۚ يَخْلُقُ ٱللَّهُ مَا يَشَآءُ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٤٥﴾

45. Futhi u Allah udale zonke izidalwa ngamanzi [uketshezi lwesidoda]. Kunalezo ezihamaba ngesisu kube nalezo ezihamba ngemilenze emibili kube nalezo ezihamba ngemine. Udala akuthandayo; impela u Allah akahlulwa yilutho.

لَقَدْ أَنزَلْنَآ ءَايَٰتٍ مُّبَيِّنَٰتٍ ۚ وَٱللَّهُ يَهْدِى مَن يَشَآءُ إِلَىٰ صِرَٰطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿٤٦﴾

46. Impela sambulele imibiko ecacisayo. Futhi u Allah uholela amthandayo endleleni eqondile.

وَيَقُولُونَ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ وَبِٱلرَّسُولِ وَأَطَعْنَا ثُمَّ يَتَوَلَّىٰ فَرِيقٌ مِّنْهُم مِّنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ ۚ وَمَآ أُو۟لَٰٓئِكَ بِٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٤٧﴾

47. Futhi bathi siyakholelwa ku Allah nakuSithunywa futhi siyazithoba. Kepha emuva kwalokho olunye uquqaba kubo lubuyela emuva. Laboke abasibo abakholwayo.

وَإِذَا دُعُوٓا۟ إِلَى ٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ لِيَحْكُمَ بَيْنَهُمْ إِذَا فَرِيقٌ مِّنْهُم مُّعْرِضُونَ ﴿٤٨﴾

48. Uma bebizelwa ku Allah neSithunywa saKhe ukuze sehlulele phakathi kwabo; uyobona ngeqembu elithile kubo lifulathela.

وَإِن يَكُن لَّهُمُ ٱلْحَقُّ يَأْتُوٓا۟ إِلَيْهِ مُذْعِنِينَ ﴿٤٩﴾

49. Kepha uma kuyibona abamangali beza kuye bezithoba.

أَفِى قُلُوبِهِم مَّرَضٌ أَمِ ٱرْتَابُوٓا۟ أَمْ يَخَافُونَ أَن يَحِيفَ ٱللَّهُ عَلَيْهِمْ وَرَسُولُهُۥ ۚ بَلْ أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ﴿٥٠﴾

50. Ingabe kunesifo ezinhlizweni noma banongabazane kumbe basaba ukuthi u Allah neSithunywa saKhe bazobacindezela ngokungebulungiswa na? Empeleni yibona kanye abangenabo ubulungiswa.

إِنَّمَا كَانَ قَوْلَ ٱلْمُؤْمِنِينَ إِذَا دُعُوٓا۟ إِلَى ٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ لِيَحْكُمَ بَيْنَهُمْ أَن يَقُولُوا۟ سَمِعْنَا وَأَطَعْنَا ۚ وَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُفْلِحُونَ ﴿٥١﴾

51. Izwi lalabo abakholwayo lapho bebizelwa ku Allah neSithunywa saKhe ukuze sehlulele phakathi kwabo, bavele bathi: "Siyezwa futhi siyazithoba". Yibo kanye ke labo abayophumelela.

وَمَن يُطِعِ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ وَيَخْشَ ٱللَّهَ وَيَتَّقْهِ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْفَآئِزُونَ ﴿٥٢﴾

52. Lowo olalela u Allah neSithunywa saKhe aphinde asabe u Allah athobele intando yaKhe, yibonake labo abayophumelela.

53. Futhi [abazenzisi] bafunga bagomele ngo Allah ukuthi uma ubayalela nakanjani bayophuma [ukuya empini]. Yithi: "Ningafungi; ukulalela okwaziwayo [lokhu okwenu]. Impela u Allah Unolwazi ngakho konke enikwenzayo".

* وَأَقْسَمُوا۟ بِٱللَّهِ جَهْدَ أَيْمَٰنِهِمْ لَئِنْ أَمَرْتَهُمْ لَيَخْرُجُنَّ ۖ قُل لَّا تُقْسِمُوا۟ ۖ طَاعَةٌ مَّعْرُوفَةٌ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ خَبِيرٌۢ بِمَا تَعْمَلُونَ ﴿٥٣﴾

54. Yithi: "Lalelani u Allah nilalele neSithunywa. Kepha uma nikushaya indiva; okwakhe yilokhu athweswe kona nani okwenu yilokhu enithweswe kona. Kepha uma nimlalela niyoba sendleleni eqondile. Futhi okusemahlombe eSithunywa ukwethula umlayezo ocacile.

قُلْ أَطِيعُوا۟ ٱللَّهَ وَأَطِيعُوا۟ ٱلرَّسُولَ ۖ فَإِن تَوَلَّوْا۟ فَإِنَّمَا عَلَيْهِ مَا حُمِّلَ وَعَلَيْكُم مَّا حُمِّلْتُمْ ۖ وَإِن تُطِيعُوهُ تَهْتَدُوا۟ ۚ وَمَا عَلَى ٱلرَّسُولِ إِلَّا ٱلْبَلَٰغُ ٱلْمُبِينُ ﴿٥٤﴾

55. U Allah uthembise labo abakholwayo kini nabenza okulungileyo ukuba uyobabeka emhlabeni njengoba abeka labo ababandulelayo futhi uyobamisela inkolo yabo lena abakethele yona aphinde aguqulele ukwesaba kwabo kube nokuphepha. "Uma bekhonza Mina bengangibhangqi ngalutho. Lowo oyoba ongakholwa emuva kwalokho, labo bayobe beyizi phula mthetho".

وَعَدَ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ مِنكُمْ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَيَسْتَخْلِفَنَّهُمْ فِى ٱلْأَرْضِ كَمَا ٱسْتَخْلَفَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ وَلَيُمَكِّنَنَّ لَهُمْ دِينَهُمُ ٱلَّذِى ٱرْتَضَىٰ لَهُمْ وَلَيُبَدِّلَنَّهُم مِّنۢ بَعْدِ خَوْفِهِمْ أَمْنًا ۚ يَعْبُدُونَنِى لَا يُشْرِكُونَ بِى شَيْـًٔا ۚ وَمَن كَفَرَ بَعْدَ ذَٰلِكَ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْفَٰسِقُونَ ﴿٥٥﴾

56. Futhi qikelelani ukwenza iswala nikhiphe nezakati nolalele isithunywa ukuze nihawukelwe.

وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتُوا۟ ٱلزَّكَوٰةَ وَأَطِيعُوا۟ ٱلرَّسُولَ لَعَلَّكُمْ تُرْحَمُونَ ﴿٥٦﴾

لَا تَحۡسَبَنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ مُعۡجِزِينَ فِي ٱلۡأَرۡضِۚ وَمَأۡوَىٰهُمُ ٱلنَّارُۖ وَلَبِئۡسَ ٱلۡمَصِيرُ ٥٧

57. Ningacabangi ukuthi laba abangakholwa baphunyukile emhlabeni. Indawo yabo yokugcina umlilo, saze sasibi isiphetho.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لِيَسۡتَـٔۡذِنكُمُ ٱلَّذِينَ مَلَكَتۡ أَيۡمَٰنُكُمۡ وَٱلَّذِينَ لَمۡ يَبۡلُغُواْ ٱلۡحُلُمَ مِنكُمۡ ثَلَٰثَ مَرَّٰتٖۚ مِّن قَبۡلِ صَلَوٰةِ ٱلۡفَجۡرِ وَحِينَ تَضَعُونَ ثِيَابَكُم مِّنَ ٱلظَّهِيرَةِ وَمِنۢ بَعۡدِ صَلَوٰةِ ٱلۡعِشَآءِۚ ثَلَٰثُ عَوۡرَٰتٖ لَّكُمۡۚ لَيۡسَ عَلَيۡكُمۡ وَلَا عَلَيۡهِمۡ جُنَاحُۢ بَعۡدَهُنَّۚ طَوَّٰفُونَ عَلَيۡكُم بَعۡضُكُمۡ عَلَىٰ بَعۡضٖۚ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمُ ٱلۡأٓيَٰتِۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٞ ٥٨

58. Nina enikholwayo, labo abayizigqila zenu nalabo abangakathombi kini, mabanicele imvume [yokungena egunjini lenu] ezikhathini ezintathu. Ngaphambi kweswala yeFajari nalapho nihlubula khona izembatho zenu emini nasemuva kweswala ye Isha. Lezi izikhathi zenu ezintathu zangasese. Akucala kini nakubo emuva kwazo; ngokuba abanye benu bangena bephuma kini. U Allah uyihlalusa kanjalo imibiko, futhi u Allah Ungowaziyo Okhaliphile.

وَإِذَا بَلَغَ ٱلۡأَطۡفَٰلُ مِنكُمُ ٱلۡحُلُمَ فَلۡيَسۡتَـٔۡذِنُواْ كَمَا ٱسۡتَـٔۡذَنَ ٱلَّذِينَ مِن قَبۡلِهِمۡۚ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمۡ ءَايَٰتِهِۦۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٞ ٥٩

59. Uma abantwana benu sebefike esigabeni sokuthomba, mabacele imvumo [yokungena] njengoba labo baphambilini nabo babecela imvumo. U Allah unihlalusela kanjalo imibiko yaKhe; futhi u Allah Ungowaziyo Okhaliphile.

وَٱلۡقَوَٰعِدُ مِنَ ٱلنِّسَآءِ ٱلَّٰتِي لَا يَرۡجُونَ نِكَاحٗا فَلَيۡسَ عَلَيۡهِنَّ جُنَاحٌ أَن يَضَعۡنَ ثِيَابَهُنَّ غَيۡرَ مُتَبَرِّجَٰتِۭ بِزِينَةٖۖ وَأَن يَسۡتَعۡفِفۡنَ خَيۡرٞ لَّهُنَّۗ وَٱللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٞ ٦٠

60. Futhi izalukazi zabafazi lezi ezingesenandaba nokushada; azinacala uma zihlubula izembatho zazo kepha zingavezi ubuhle bazo. Uma zizithiba yikona okungcono kuzo. Futhi u Allah Ungozwayo Owaziyo.

61. Akunacala kulowo oyimpumputhe nalowo oyinquge nalowo ogulayo. Futhi nani aninacala uma nidla ezindlini zenu noma ezoyihlo noma ezonyoko noma ezabafowenu noma ezodadewenu noma ezabafowabo boyihlo noma ezobabekazi benu noma ezomalume benu noma ezoninalume benu noma lezo eniphatha izihluthulelo zazo noma ezomngani wenu. Futhi aninacala uma nidla ndawonye noma ngokuhlukana. Uma ningena ezindlini, zibingeleleni nina uqobo, isibingelelo esivela ku Allah esibusisiwe esimsulwa. U Alla unihlalusela kanjalo imibiko ukuze niqonde.

62. Labo okuyibona abakholwayo, yilabo abakholelwa ku Allah neSthunywa saKhe futhi uma benaso ndawonye abahambi bengasicelanga imvumo. Impela labo abakucela imvumo yibona kanye labo abakholelwa ku Allah neSithunywa saKhe. Uma bekucela imvumo mayelana nezinye zezinto zabo, vumela omthandayo kubo uphinde ubacelele intethelelo. Impela u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

لَّيْسَ عَلَى ٱلْأَعْمَىٰ حَرَجٌ وَلَا عَلَى
ٱلْأَعْرَجِ حَرَجٌ وَلَا عَلَى ٱلْمَرِيضِ حَرَجٌ
وَلَا عَلَىٰٓ أَنفُسِكُمْ أَن تَأْكُلُوا۟ مِنۢ
بُيُوتِكُمْ أَوْ بُيُوتِ ءَابَآئِكُمْ أَوْ بُيُوتِ
أُمَّهَٰتِكُمْ أَوْ بُيُوتِ إِخْوَٰنِكُمْ أَوْ
بُيُوتِ أَخَوَٰتِكُمْ أَوْ بُيُوتِ أَعْمَٰمِكُمْ
أَوْ بُيُوتِ عَمَّٰتِكُمْ أَوْ بُيُوتِ
أَخْوَٰلِكُمْ أَوْ بُيُوتِ خَٰلَٰتِكُمْ أَوْ مَا
مَلَكْتُم مَّفَاتِحَهُۥٓ أَوْ صَدِيقِكُمْ ۚ لَيْسَ
عَلَيْكُمْ جُنَاحٌ أَن تَأْكُلُوا۟ جَمِيعًا أَوْ
أَشْتَاتًا ۚ فَإِذَا دَخَلْتُم بُيُوتًا فَسَلِّمُوا۟ عَلَىٰٓ
أَنفُسِكُمْ تَحِيَّةً مِّنْ عِندِ ٱللَّهِ مُبَٰرَكَةً
طَيِّبَةً ۚ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمُ ٱلْءَايَٰتِ
لَعَلَّكُمْ تَعْقِلُونَ ﴿٦١﴾

إِنَّمَا ٱلْمُؤْمِنُونَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ بِٱللَّهِ
وَرَسُولِهِۦ وَإِذَا كَانُوا۟ مَعَهُۥ عَلَىٰٓ أَمْرٍ
جَامِعٍ لَّمْ يَذْهَبُوا۟ حَتَّىٰ يَسْتَـْٔذِنُوهُ ۚ إِنَّ
ٱلَّذِينَ يَسْتَـْٔذِنُونَكَ أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ
يُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ ۚ فَإِذَا ٱسْتَـْٔذَنُوكَ
لِبَعْضِ شَأْنِهِمْ فَأْذَن لِّمَن شِئْتَ مِنْهُمْ
وَٱسْتَغْفِرْ لَهُمُ ٱللَّهَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ
رَّحِيمٌ ﴿٦٢﴾

لَّا تَجْعَلُوا۟ دُعَآءَ ٱلرَّسُولِ بَيْنَكُمْ كَدُعَآءِ بَعْضِكُم بَعْضًا ۚ قَدْ يَعْلَمُ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ يَتَسَلَّلُونَ مِنكُمْ لِوَاذًا ۚ فَلْيَحْذَرِ ٱلَّذِينَ يُخَالِفُونَ عَنْ أَمْرِهِۦٓ أَن تُصِيبَهُمْ فِتْنَةٌ أَوْ يُصِيبَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٦٣﴾

63. Musani ukubiza iSithunywa phakathi kwenu njengoba uma nibizana nodwa. Impela u Allah uyabazi laba ababaleka isinyelele kini. Labo abaphambana nomyalelo waso [iSithunywa] mabaqaphele bengehlelwa ukungakholwa noma behlelwe isijeziso esibuhlungu.

أَلَآ إِنَّ لِلَّهِ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ قَدْ يَعْلَمُ مَآ أَنتُمْ عَلَيْهِ وَيَوْمَ يُرْجَعُونَ إِلَيْهِ فَيُنَبِّئُهُم بِمَا عَمِلُوا۟ ۗ وَٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌۢ ﴿٦٤﴾

64. Bheka ngoba konke okusemazulwini nasemhlabeni kungo kuka Allah; wazi lokhu enikukho manje nangosuku abayobuyela kuYe, ukuze abazise ngalokho ababekwenza. Futhi u Allah wazi yonke into.

(25) SURA FURIKANI
UMNQAMLAJUQU

سُورَةُ الفُرقَانِ

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

تَبَارَكَ ٱلَّذِي نَزَّلَ ٱلۡفُرۡقَانَ عَلَىٰ عَبۡدِهِۦ
لِيَكُونَ لِلۡعَٰلَمِينَ نَذِيرًا ١

1. Uyingcwele Lona owembulela iFurikani [iKurani] kusigqila saKhe ukuze sibe umexwayisi kumhlaba wonke jikelele.

ٱلَّذِي لَهُۥ مُلۡكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِ
وَلَمۡ يَتَّخِذۡ وَلَدٗا وَلَمۡ يَكُن لَّهُۥ شَرِيكٞ
فِي ٱلۡمُلۡكِ وَخَلَقَ كُلَّ شَيۡءٖ فَقَدَّرَهُۥ
تَقۡدِيرٗا ٢

2. Lona ubukhosi basemazulwini nasemhlabeni bungo baKhe. Akanangane futhi akakaze abe nomlingani ebukhosini. Futhi nguYena odale yonke into wayabela ngokuyilingene.

وَٱتَّخَذُواْ مِن دُونِهِۦٓ ءَالِهَةٗ لَّا يَخۡلُقُونَ
شَيۡـٔٗا وَهُمۡ يُخۡلَقُونَ وَلَا يَمۡلِكُونَ
لِأَنفُسِهِمۡ ضَرّٗا وَلَا نَفۡعٗا وَلَا يَمۡلِكُونَ
مَوۡتٗا وَلَا حَيَوٰةٗ وَلَا نُشُورٗا ٣

3. Baqoke ngaphandle kwaKhe izikhonzwa ezingakwazi ukudala lutho; kunalokho zona zidaliwe futhi abakulawuli ukulimala noma ukuzuza kwabo uqobo futhi abakulawuli ukufa noma ukuphila noma ukuvuswa [emuva kokufa].

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓاْ إِنۡ هَٰذَآ إِلَّآ إِفۡكٌ
ٱفۡتَرَىٰهُ وَأَعَانَهُۥ عَلَيۡهِ قَوۡمٌ ءَاخَرُونَۖ
فَقَدۡ جَآءُو ظُلۡمٗا وَزُورٗا ٤

4. Laba abangakholwa bathi: "Impela lokhu [iKurani] ngamanga aluhlaza aziqambele wona balekelelwa ngabanye abantu". Impela abanabulungiswa futhi banamanga aluhlaza.

5. Baphinde bathi: "Izinganekwane nje zabasendulo uzilobele zona, ubizelwa zona ekuseni nantambama".

6. Yithi: "Yembulelwe nguLoyo owazi imfihlo emazulwini nasemhlabeni; impela Yena Ungumthetheleli Onesihawu".

7. Futhi bathi: "Yini ngalesi Sithunywa, sidla ukudla sihambe nasezindaweni zokuhweba. Kungani kungathunyelwanga naye ingelosi ukuze kube nomunye umexwayisi naye.

8. Noma anikwe umcebo noma abe nesivande adla kuso. Bese labo abaphambukile bathi: "Nilandela nje indoda eloyiwe".

9. Awubheke nje ukuthi bakwenzela kanjani imizekelo; base baduka abasakwazi ukuthola indlela eqondile.

10. Uyingcwele Lona uma ethanda angakunikeza [Muhamadi] okungcono okudlula lokho, izivande okugeleza imifula ngenzansi kwazo aphinde akwenzele izinqaba.

11. Kepha baphika iSikhathi [sokwahlulela]. Kulapho Thina silungiselele lowo ophika iSikhathi umlilo.

وَقَالُوٓاْ أَسَٰطِيرُ ٱلۡأَوَّلِينَ ٱكۡتَتَبَهَا فَهِيَ تُمۡلَىٰ عَلَيۡهِ بُكۡرَةٗ وَأَصِيلٗا ٥

قُلۡ أَنزَلَهُ ٱلَّذِي يَعۡلَمُ ٱلسِّرَّ فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۚ إِنَّهُۥ كَانَ غَفُورٗا رَّحِيمٗا ٦

وَقَالُواْ مَالِ هَٰذَا ٱلرَّسُولِ يَأۡكُلُ ٱلطَّعَامَ وَيَمۡشِي فِي ٱلۡأَسۡوَاقِۙ لَوۡلَآ أُنزِلَ إِلَيۡهِ مَلَكٞ فَيَكُونَ مَعَهُۥ نَذِيرًا ٧

أَوۡ يُلۡقَىٰٓ إِلَيۡهِ كَنزٌ أَوۡ تَكُونُ لَهُۥ جَنَّةٞ يَأۡكُلُ مِنۡهَاۚ وَقَالَ ٱلظَّٰلِمُونَ إِن تَتَّبِعُونَ إِلَّا رَجُلٗا مَّسۡحُورًا ٨

ٱنظُرۡ كَيۡفَ ضَرَبُواْ لَكَ ٱلۡأَمۡثَالَ فَضَلُّواْ فَلَا يَسۡتَطِيعُونَ سَبِيلٗا ٩

تَبَارَكَ ٱلَّذِيٓ إِن شَآءَ جَعَلَ لَكَ خَيۡرٗا مِّن ذَٰلِكَ جَنَّٰتٖ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُ وَيَجۡعَل لَّكَ قُصُورَۢا ١٠

بَلۡ كَذَّبُواْ بِٱلسَّاعَةِۖ وَأَعۡتَدۡنَا لِمَن كَذَّبَ بِٱلسَّاعَةِ سَعِيرًا ١١

إِذَا رَأَتْهُم مِّن مَّكَانٍۭ بَعِيدٍ سَمِعُوا۟ لَهَا تَغَيُّظًا وَزَفِيرًا ﴿١٢﴾

12. Uma ubabona beza le kude, bayowuzwa ubhavumula ububula.

وَإِذَآ أُلْقُوا۟ مِنْهَا مَكَانًا ضَيِّقًا مُّقَرَّنِينَ دَعَوْا۟ هُنَالِكَ ثُبُورًا ﴿١٣﴾

13. Kuyothi lapho sebetshingelwe endaweni engcinyanayo phakathi kuwo beboshwe izandla nezinyawo; bayokhulekela ukuba imbubhiso.

لَّا تَدْعُوا۟ ٱلْيَوْمَ ثُبُورًا وَٰحِدًا وَٱدْعُوا۟ ثُبُورًا كَثِيرًا ﴿١٤﴾

14. Ningakhulekeli neyodwa imbubhiso namhlanje kepha khulekelani eziningi.

قُلْ أَذَٰلِكَ خَيْرٌ أَمْ جَنَّةُ ٱلْخُلْدِ ٱلَّتِى وُعِدَ ٱلْمُتَّقُونَ ۚ كَانَتْ لَهُمْ جَزَآءً وَمَصِيرًا ﴿١٥﴾

15. Yithi: "Yikona lokho okuhle noma isivande saphakade lesi esithenjiswe abakholwayo na? Siyoba umvuzo nesiphetho sabo".

لَّهُمْ فِيهَا مَا يَشَآءُونَ خَٰلِدِينَ ۚ كَانَ عَلَىٰ رَبِّكَ وَعْدًا مَّسْـُٔولًا ﴿١٦﴾

16. Bayothola konke abakulangezelelayo kuso unaphakade; isithembiso iNkosi yakho eyosigcina.

وَيَوْمَ يَحْشُرُهُمْ وَمَا يَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ فَيَقُولُ ءَأَنتُمْ أَضْلَلْتُمْ عِبَادِى هَٰٓؤُلَآءِ أَمْ هُمْ ضَلُّوا۟ ٱلسَّبِيلَ ﴿١٧﴾

17. Futhi mhla ebabuthanisa bona kanye nalokho abakukhonzayo ngaphandle kuka Allah, uyothi [u Allah kuzikhonzwa]: "Ingabe yinina laba enidukise izigqila zami lezi noma zizidukele zona ngokwazo na?"

قَالُوا۟ سُبْحَٰنَكَ مَا كَانَ يَنۢبَغِى لَنَآ أَن نَّتَّخِذَ مِن دُونِكَ مِنْ أَوْلِيَآءَ وَلَٰكِن مَّتَّعْتَهُمْ وَءَابَآءَهُمْ حَتَّىٰ نَسُوا۟ ٱلذِّكْرَ وَكَانُوا۟ قَوْمًۢا بُورًا ﴿١٨﴾

18. Bayothi: "Mawungcweliswe Wena, asinalo igunya lokuziqokela abahlengi ngaphandle kwaKho, kepha nguWe obenze banethezeka nokhokho babo baze bakhohlwa imiyalelo base baba ngabantu ababhubhile".

19. Impela bayaniphikisa kulokho enikushoyo futhi anikwazi ukuzihlenga noma ukuzisiza. Futhi lowo kini ongeke enze ubulungiswa [ngokubhangqa u Allah], sizomzwisa isijeziso esinzima.

فَقَدْ كَذَّبُوكُم بِمَا تَقُولُونَ فَمَا تَسْتَطِيعُونَ صَرْفًا وَلَا نَصْرًا ۚ وَمَن يَظْلِم مِّنكُمْ نُذِقْهُ عَذَابًا كَبِيرًا ﴿١٩﴾

20. Futhi asikho iSithunywa esasithumela ngaphambi kwakho ebesingadli noma esingayi ezindaweni zokuhweba. Futhi senze abanye benu baba isiviviyo kwabanye, ngakhoke bekezelani.

وَمَآ أَرْسَلْنَا قَبْلَكَ مِنَ ٱلْمُرْسَلِينَ إِلَّآ إِنَّهُمْ لَيَأْكُلُونَ ٱلطَّعَامَ وَيَمْشُونَ فِى ٱلْأَسْوَاقِ ۗ وَجَعَلْنَا بَعْضَكُمْ لِبَعْضٍ فِتْنَةً أَتَصْبِرُونَ ۗ وَكَانَ رَبُّكَ بَصِيرًا ﴿٢٠﴾

21. Labo abangalangazeleli ukuhlangana naThi bathi: "Kungani kunga thunyelwangwa ingelosi kithi noma nje sibone iNkosi yeThu mathupha na?" Impela bayazazisa futhi sebendlulele kakhulu ekupheleni umthetho.

* وَقَالَ ٱلَّذِينَ لَا يَرْجُونَ لِقَآءَنَا لَوْلَآ أُنزِلَ عَلَيْنَا ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ أَوْ نَرَىٰ رَبَّنَا ۗ لَقَدِ ٱسْتَكْبَرُوا۟ فِىٓ أَنفُسِهِمْ وَعَتَوْ عُتُوًّا كَبِيرًا ﴿٢١﴾

22. Mhla beyobona izingelosi, ngalolo suku akunakuba nezindaba ezinhle kulabo abayizephula mthetho futhi bayothi:"Kunqatshelwe akuvunyelwe".

يَوْمَ يَرَوْنَ ٱلْمَلَٰٓئِكَةَ لَا بُشْرَىٰ يَوْمَئِذٍ لِّلْمُجْرِمِينَ وَيَقُولُونَ حِجْرًا مَّحْجُورًا ﴿٢٢﴾

23. Futhi siyobheka izenzo zabo abazenzile bese sizenza uthuli olusakazeke yonke indawo [aziyukuba namvuzo][1].

وَقَدِمْنَآ إِلَىٰ مَا عَمِلُوا۟ مِنْ عَمَلٍ فَجَعَلْنَٰهُ هَبَآءً مَّنثُورًا ﴿٢٣﴾

1 Lokho kungenxa yokuthi umenzi wale zenzo akayilandelanga imibandela ebekiwe ukuze isenzo samkeleke ku Allah. Leyo mibandela ukuba umuntu (i) akholelwe ku Allah ngokuqondile, (ii) abe nenhloso emsulwa yokuthokozisa u Allah kuphela (iii) aphinde angaphambani nezimfundiso zeSithunywa uMuhamadi ﷺ. Uma owodwa walemibandela ungekho, isenzo leso siyokuba ize okothuli olusakazeke yonke indawo.

24. Labo abayongena eJana, ngalolo suku bayobe besendaweni engcono yokuhlala nendawo enhle impela yokuphumula.

أَصْحَٰبُ ٱلْجَنَّةِ يَوْمَئِذٍ خَيْرٌ مُّسْتَقَرًّا وَأَحْسَنُ مَقِيلًا ﴿٢٤﴾

25. Futhi landisa ngosuku lapho isibhakabhaka siyoqhekeka kuvele amafu bese kwehliswa izingelosi kancane kancane.

وَيَوْمَ تَشَقَّقُ ٱلسَّمَآءُ بِٱلْغَمَٰمِ وَنُزِّلَ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ تَنزِيلًا ﴿٢٥﴾

26. Bonke ubukhosi bangempela ngalolo suku buyokuba ngobuka loyo Onomusa [u Allah]. Impela kuyoba usuku olunzima kwabangakholwa.

ٱلْمُلْكُ يَوْمَئِذٍ ٱلْحَقُّ لِلرَّحْمَٰنِ ۚ وَكَانَ يَوْمًا عَلَى ٱلْكَٰفِرِينَ عَسِيرًا ﴿٢٦﴾

27. Futhi landisa ngosuku lapho ophambukile ayoluma khona izandla zakhe athi: "Ngaze ngafisa ukuba ngalandela iSithunywa endleleni eqondile".

وَيَوْمَ يَعَضُّ ٱلظَّالِمُ عَلَىٰ يَدَيْهِ يَقُولُ يَٰلَيْتَنِى ٱتَّخَذْتُ مَعَ ٱلرَّسُولِ سَبِيلًا ﴿٢٧﴾

28. Kwaze kwaphela ngami, ngaze ngafisa ukuba angizange ngaba umngani kazibanibani.

يَٰوَيْلَتَىٰ لَيْتَنِى لَمْ أَتَّخِذْ فُلَانًا خَلِيلًا ﴿٢٨﴾

29. Impela ungidukisile kumyalelo emuva kokuba usufikile kimi. Impela uShayitani uyohlala njalo emkhaphela umuntu.

لَّقَدْ أَضَلَّنِى عَنِ ٱلذِّكْرِ بَعْدَ إِذْ جَآءَنِى ۗ وَكَانَ ٱلشَّيْطَٰنُ لِلْإِنسَٰنِ خَذُولًا ﴿٢٩﴾

30. Futhi iSithunywa sithi: "Nkosi yami impela abantu bami abasayinaki leKurani".

وَقَالَ ٱلرَّسُولُ يَٰرَبِّ إِنَّ قَوْمِى ٱتَّخَذُوا۟ هَٰذَا ٱلْقُرْءَانَ مَهْجُورًا ﴿٣٠﴾

31. Kanjalo, senzela wonke uMembulelwa isitha kulabo abayiziphula mthetho. Kepha iNosi yakho yanele njengoMholi noMhlengi.

وَكَذَٰلِكَ جَعَلْنَا لِكُلِّ نَبِىٍّ عَدُوًّا مِّنَ ٱلْمُجْرِمِينَ ۗ وَكَفَىٰ بِرَبِّكَ هَادِيًا وَنَصِيرًا ﴿٣١﴾

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَوۡلَا نُزِّلَ عَلَيۡهِ ٱلۡقُرۡءَانُ جُمۡلَةٗ وَٰحِدَةٗۚ كَذَٰلِكَ لِنُثَبِّتَ بِهِۦ فُؤَادَكَۖ وَرَتَّلۡنَٰهُ تَرۡتِيلٗا ٣٢

32. Laba abangakholwa bathi: "Kungani iKurani ingembulelwanga kuye [uMuhamadi] yonke ngesikhathi esisodwa". Siyenze kanjalo ukuze siqinise inhliziyo yakho futhi sayihlalusa kancane kancane.

وَلَا يَأۡتُونَكَ بِمَثَلٍ إِلَّا جِئۡنَٰكَ بِٱلۡحَقِّ وَأَحۡسَنَ تَفۡسِيرًا ٣٣

33. Futhi njalo uma beza nomzekelo othize; Thina sizokulethela iqiniso nencazelo engcono.

ٱلَّذِينَ يُحۡشَرُونَ عَلَىٰ وُجُوهِهِمۡ إِلَىٰ جَهَنَّمَ أُوْلَٰٓئِكَ شَرّٞ مَّكَانٗا وَأَضَلُّ سَبِيلٗا ٣٤

34. Labo abayosiwa eJahanamu behudulwa ngobuso; yiboke labo abasesimeni esibi nabasendleleni edukile.

وَلَقَدۡ ءَاتَيۡنَا مُوسَى ٱلۡكِتَٰبَ وَجَعَلۡنَا مَعَهُۥٓ أَخَاهُ هَٰرُونَ وَزِيرٗا ٣٥

35. Futhi sanika uMusa iNcwadi [iTora] saphinda senza umfowabo uHaruna waba iphini lakhe.

فَقُلۡنَا ٱذۡهَبَآ إِلَى ٱلۡقَوۡمِ ٱلَّذِينَ كَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا فَدَمَّرۡنَٰهُمۡ تَدۡمِيرٗا ٣٦

36. Sase sithi kubo: "Hambani nobabili niye kulaba bantu abaphika imibiko yeThu". Sabe sesibabhubhisa [abangakholwa].

وَقَوۡمَ نُوحٖ لَّمَّا كَذَّبُواْ ٱلرُّسُلَ أَغۡرَقۡنَٰهُمۡ وَجَعَلۡنَٰهُمۡ لِلنَّاسِ ءَايَةٗۖ وَأَعۡتَدۡنَا لِلظَّٰلِمِينَ عَذَابًا أَلِيمٗا ٣٧

37. Kanjalo [sababhubhisa] nabantu baka Nuhu, mhla bephikisa iZithunywa. Sabacwilisa sabenza baba isibonelo ebantwini. Futhi labo abaphambukile sibalungiselele isijeziso esibuhlungu.

وَعَادٗا وَثَمُودَاْ وَأَصۡحَٰبَ ٱلرَّسِّ وَقُرُونَۢا بَيۡنَ ذَٰلِكَ كَثِيرٗا ٣٨

38. Kanjalo nesizwe sakwa Adi noTamudi nabase Rasi [umthombo] nezinye izizwe eziphakathi kwalokho eziningi.

39. Bonke sabenzela imizekelo [sibacacisela] futhi bonke sababhubhisa kanzima.

40. Futhi babendlula emanxiweni esizwe [eSodoma] esalethelwa imvula embi. Ingabe babengawaboni na? Empeleni abakholelwa ekuvusweni [kwelizayo].

41. Uma bekubona, bakwenza inhlekisa [bathi], "ingabe nguye lo u Allah amthumele njengeSithunywa na?"

42. "Ucishe wasidukisa ngezikhonzwa zethu, ukube nje asibambelelanga kuzo". Khona maduze lapho bebona isijeziso bayokwazi ukuthi ubani ngempela odukile.

43. Bheka lowo owenze izinkanuko zakhe isikhonzwa sakhe; ingabe uyokhona yini ukumhlenga na?

44. Kumbe ucabanga ukuthi iningi labo liyezwa noma liyaqonda. Bazifanela nje nemfuyo; empeleni bona baduke kakhulu.

45. Uke wabona ukuthi iNkosi yakho iwundlala kanjani umthunzi na? Uma ithanda ibingawenza ume [ungasuswa yilanganga] futhi senze ilanga laba yinkomba yokuba khona komthunzi.

وَكُلًّا ضَرَبْنَا لَهُ ٱلْأَمْثَالَ ۖ وَكُلًّا تَبَّرْنَا تَتْبِيرًا ﴿٣٩﴾

وَلَقَدْ أَتَوْا۟ عَلَى ٱلْقَرْيَةِ ٱلَّتِىٓ أُمْطِرَتْ مَطَرَ ٱلسَّوْءِ ۚ أَفَلَمْ يَكُونُوا۟ يَرَوْنَهَا ۚ بَلْ كَانُوا۟ لَا يَرْجُونَ نُشُورًا ﴿٤٠﴾

وَإِذَا رَأَوْكَ إِن يَتَّخِذُونَكَ إِلَّا هُزُوًا أَهَٰذَا ٱلَّذِى بَعَثَ ٱللَّهُ رَسُولًا ﴿٤١﴾

إِن كَادَ لَيُضِلُّنَا عَنْ ءَالِهَتِنَا لَوْلَآ أَن صَبَرْنَا عَلَيْهَا ۚ وَسَوْفَ يَعْلَمُونَ حِينَ يَرَوْنَ ٱلْعَذَابَ مَنْ أَضَلُّ سَبِيلًا ﴿٤٢﴾

أَرَءَيْتَ مَنِ ٱتَّخَذَ إِلَٰهَهُۥ هَوَىٰهُ أَفَأَنتَ تَكُونُ عَلَيْهِ وَكِيلًا ﴿٤٣﴾

أَمْ تَحْسَبُ أَنَّ أَكْثَرَهُمْ يَسْمَعُونَ أَوْ يَعْقِلُونَ ۚ إِنْ هُمْ إِلَّا كَٱلْأَنْعَٰمِ ۖ بَلْ هُمْ أَضَلُّ سَبِيلًا ﴿٤٤﴾

أَلَمْ تَرَ إِلَىٰ رَبِّكَ كَيْفَ مَدَّ ٱلظِّلَّ ۖ وَلَوْ شَآءَ لَجَعَلَهُۥ سَاكِنًا ثُمَّ جَعَلْنَا ٱلشَّمْسَ عَلَيْهِ دَلِيلًا ﴿٤٥﴾

46. Sabe sesiwusongela kithi kancane kancane.

ثُمَّ قَبَضْنَٰهُ إِلَيْنَا قَبْضًا يَسِيرًا ﴿٤٦﴾

47. Futhi nguYena onenzela ubusuku baba yingubo yokwembatha nobuthongo kwaba ukuphumula futhi wenza imini yaba isikhathi sokuvuka.

وَهُوَ ٱلَّذِى جَعَلَ لَكُمُ ٱلَّيْلَ لِبَاسًا وَٱلنَّوْمَ سُبَاتًا وَجَعَلَ ٱلنَّهَارَ نُشُورًا ﴿٤٧﴾

48. Futhi nguYena lona othumela imimoya njengezethuli zezindaba ezinhle ngaphambi komusa waKhe [imvula]. Sase sesehlisela amanzi emvula ahlanzekile.

وَهُوَ ٱلَّذِىٓ أَرْسَلَ ٱلرِّيَٰحَ بُشْرًۢا بَيْنَ يَدَىْ رَحْمَتِهِۦ ۚ وَأَنزَلْنَا مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً طَهُورًا ﴿٤٨﴾

49. Ukuze zivuselele ngaso indawo ebesifile nokuthi siphe amanzi kulokho esikudalile, imfuyo nabantu abaningi.

لِّنُحْىِۦَ بِهِۦ بَلْدَةً مَّيْتًا وَنُسْقِيَهُۥ مِمَّا خَلَقْنَآ أَنْعَٰمًا وَأَنَاسِىَّ كَثِيرًا ﴿٤٩﴾

50. Futhi siyayisabalalisa [imvula] phakathi kwabo ukuze banake. Kepha iningi labo lanqaba laqoma ukungabongi.

وَلَقَدْ صَرَّفْنَٰهُ بَيْنَهُمْ لِيَذَّكَّرُوا۟ فَأَبَىٰٓ أَكْثَرُ ٱلنَّاسِ إِلَّا كُفُورًا ﴿٥٠﴾

51. Ukuba besithanda besizothumela kuyo yonke imizi [indawo] umexwayisi [kepha siqoke wena Muhamadi].

وَلَوْ شِئْنَا لَبَعَثْنَا فِى كُلِّ قَرْيَةٍ نَّذِيرًا ﴿٥١﴾

52. Ngakhoke ungabalaleli laba abangakholwa futhi ubazabalazele kanzima ngayo [iKurani].

فَلَا تُطِعِ ٱلْكَٰفِرِينَ وَجَٰهِدْهُم بِهِۦ جِهَادًا كَبِيرًا ﴿٥٢﴾

53. Futhi nguYena lona ohlanganise izilwandle ezimbili, lolu lumnandi lumtoti kuthi lolu lunosawoti luyababa. Futhi wenze kwaba nesithiyo nothango oluvimbile.

* وَهُوَ ٱلَّذِى مَرَجَ ٱلْبَحْرَيْنِ هَٰذَا عَذْبٌ فُرَاتٌ وَهَٰذَا مِلْحٌ أُجَاجٌ وَجَعَلَ بَيْنَهُمَا بَرْزَخًا وَحِجْرًا مَّحْجُورًا ﴿٥٣﴾

وَهُوَ ٱلَّذِى خَلَقَ مِنَ ٱلْمَآءِ بَشَرًا فَجَعَلَهُۥ نَسَبًا وَصِهْرًا ۗ وَكَانَ رَبُّكَ قَدِيرًا ﴿٥٤﴾

54. Futhi nguYena lona odale ngamanzi umuntu, wamenza waba nobuhlobo ngokwegazi nangokushada. Futhi iNkosi yakho Inamandla.

وَيَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَا لَا يَنفَعُهُمْ وَلَا يَضُرُّهُمْ ۗ وَكَانَ ٱلْكَافِرُ عَلَىٰ رَبِّهِۦ ظَهِيرًا ﴿٥٥﴾

55. Bakhonza lokho okungeke kwabasiza nokungeke kwakhona ukubalimaza ngaphandle kuka Allah. Impela ongakholwa uyohlala njalo ephikisa neNkosi yakhe.

وَمَآ أَرْسَلْنَٰكَ إِلَّا مُبَشِّرًا وَنَذِيرًا ﴿٥٦﴾

56. Futhi sikuthumele ukuba ube umethuli wezindaba ezinhle nomexwayisi.

قُلْ مَآ أَسْـَٔلُكُمْ عَلَيْهِ مِنْ أَجْرٍ إِلَّا مَن شَآءَ أَن يَتَّخِذَ إِلَىٰ رَبِّهِۦ سَبِيلًا ﴿٥٧﴾

57. Yithi: "Anginiceli mvuzo ngayo ngaphandle kwalowo ofuna ukuthatha indlela [yokusondela] eya eNkosini yakhe".

وَتَوَكَّلْ عَلَى ٱلْحَىِّ ٱلَّذِى لَا يَمُوتُ وَسَبِّحْ بِحَمْدِهِۦ ۚ وَكَفَىٰ بِهِۦ بِذُنُوبِ عِبَادِهِۦ خَبِيرًا ﴿٥٨﴾

58. Thembela kulowo Ongophilayo ongafi futhi ubabaze udumo lwaKhe. Futhi Unolwazi ngezimpambuko zezigqila zaKhe.

ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ وَمَا بَيْنَهُمَا فِى سِتَّةِ أَيَّامٍ ثُمَّ ٱسْتَوَىٰ عَلَى ٱلْعَرْشِ ۛ ٱلرَّحْمَٰنُ فَسْـَٔلْ بِهِۦ خَبِيرًا ﴿٥٩﴾

59. Nguyena odale amazulu nomhlaba nokungaphakathi kwawo ezinsukwini eziyisithupha wabe esenyukela phezu kweSihlalo, lona Onomusa, ngakhoke buza ngaYe loyo Onolwazi [u Allah].

وَإِذَا قِيلَ لَهُمُ ٱسْجُدُوا۟ لِلرَّحْمَٰنِ قَالُوا۟ وَمَا ٱلرَّحْمَٰنُ أَنَسْجُدُ لِمَا تَأْمُرُنَا وَزَادَهُمْ نُفُورًا ﴿٦٠﴾ ۩

60. Uma kuthiwa kubo, "khothamelani Onomusa niwe ngobuso", bathi: "Ngubani Onomusa, ufuna sikhothamele

lowo esiyalelwa nguwe [Muhamadi] siwe ngobuso na?" Kwavele kwabandisela ukubalekela iqiniso.

تَبَارَكَ ٱلَّذِى جَعَلَ فِى ٱلسَّمَآءِ بُرُوجًا وَجَعَلَ فِيهَا سِرَٰجًا وَقَمَرًا مُّنِيرًا ﴿٦١﴾

61. Ungcwele lona odale izinkanyezi [nemigudu yazo] esibhakabhakeni wadala nesibani [ilanga] kuso kanye nenyanga ekhanyisayo.

وَهُوَ ٱلَّذِى جَعَلَ ٱلَّيْلَ وَٱلنَّهَارَ خِلْفَةً لِّمَنْ أَرَادَ أَن يَذَّكَّرَ أَوْ أَرَادَ شُكُورًا ﴿٦٢﴾

62. Futhi nguYena owenze ubusuku nemini kwalandelana enzela lowo ofuna ukuthatha isifundo noma ofuna ukubonga.

وَعِبَادُ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلَّذِينَ يَمْشُونَ عَلَى ٱلْأَرْضِ هَوْنًا وَإِذَا خَاطَبَهُمُ ٱلْجَٰهِلُونَ قَالُوا۟ سَلَٰمًا ﴿٦٣﴾

63. Izigqila zika Allah yilezo ezihamba emhlabeni ngokuzithoba; kuthi lapho uma isiwula sikhuluma nabo [seyisa] bathi, "ukuthula".

وَٱلَّذِينَ يَبِيتُونَ لِرَبِّهِمْ سُجَّدًا وَقِيَٰمًا ﴿٦٤﴾

64. Nalabo abachitha ubusuku bekhothamile bewe ngobuso baphinde bawe [kuswala] benzela iNkosi yabo.

وَٱلَّذِينَ يَقُولُونَ رَبَّنَا ٱصْرِفْ عَنَّا عَذَابَ جَهَنَّمَ ۖ إِنَّ عَذَابَهَا كَانَ غَرَامًا ﴿٦٥﴾

65. Nalabo abathi: "Nkosi yethu, qhelisa isijeziso seJahanamu [kwalasha] kithi ngokuba isijeziso sayo siyanamathelana impela.

إِنَّهَا سَآءَتْ مُسْتَقَرًّا وَمُقَامًا ﴿٦٦﴾

66. Impela iyindawo embi yokuhlala nokuzinza.

وَٱلَّذِينَ إِذَآ أَنفَقُوا۟ لَمْ يُسْرِفُوا۟ وَلَمْ يَقْتُرُوا۟ وَكَانَ بَيْنَ ذَٰلِكَ قَوَامًا ﴿٦٧﴾

67. Nalabo uma benikela ababi budedengu futhi ababi ngongoqo, benza nje okuphakathi nalokho.

وَٱلَّذِينَ لَا يَدْعُونَ مَعَ ٱللَّهِ إِلَٰهًا ءَاخَرَ وَلَا يَقْتُلُونَ ٱلنَّفْسَ ٱلَّتِى حَرَّمَ ٱللَّهُ إِلَّا بِٱلْحَقِّ وَلَا يَزْنُونَ ۚ وَمَن يَفْعَلْ ذَٰلِكَ يَلْقَ أَثَامًا ﴿٦٨﴾

68. Nalabo abakhonzi ezinye izikhonzwa bazibhangqe no Allah. Futhi abawukhiphi ngokungemthetho umphefumulo oqatshelwe ngu Allah futhi abaphingi. Lowo oyokwenza lokho uyothola isijeziso.

يُضَٰعَفْ لَهُ ٱلْعَذَابُ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ وَيَخْلُدْ فِيهِۦ مُهَانًا ﴿٦٩﴾

69. Isijeziso sakhe siyophindwa phindwa ngoSuku lokwahlulela ahlale kuso [isijeziso] unaphakade ehlazekile.

إِلَّا مَن تَابَ وَءَامَنَ وَعَمِلَ عَمَلًا صَٰلِحًا فَأُو۟لَٰٓئِكَ يُبَدِّلُ ٱللَّهُ سَيِّـَٔاتِهِمْ حَسَنَٰتٍ ۗ وَكَانَ ٱللَّهُ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿٧٠﴾

70. Ngaphandleke kwalowo ocela intethelelo ngokuzisola akholwe, enze nezenzo ezilungileyo; labo, u Allah uyoguqula izimpambuko zabo zibe izenzo ezinhle. Futhi u Allah Ungothethelelayo Onesihawu.

وَمَن تَابَ وَعَمِلَ صَٰلِحًا فَإِنَّهُۥ يَتُوبُ إِلَى ٱللَّهِ مَتَابًا ﴿٧١﴾

71. Futhi lowo ocela intethelelo ngokuzisola enze nezenzo ezilungileyo; impela usuke esezisola ngokweqiniso ku Allah.

وَٱلَّذِينَ لَا يَشْهَدُونَ ٱلزُّورَ وَإِذَا مَرُّو۟اْ بِٱللَّغْوِ مَرُّو۟اْ كِرَامًا ﴿٧٢﴾

72. Nalabo abangazibandakanyi namanga futhi uma bendlula lapho kunombedo khona, bandlula kuwo ngokuzihlonipha [bangazibandakanyi].

وَٱلَّذِينَ إِذَا ذُكِّرُو۟اْ بِـَٔايَٰتِ رَبِّهِمْ لَمْ يَخِرُّو۟اْ عَلَيْهَا صُمًّا وَعُمْيَانًا ﴿٧٣﴾

73. Nalabo uma belulekwa ngemibiko yeNkosi yabo, abaziphathisi okwezimumu nezimpumputhe [benze ngathi ebezwa noma ababoni].

74. Nalabo abathi: "Nkosi yethu siphe abalingani nezingane ezisithokozisayo futhi usenze sibe ngabaholi balabo abathobela Wena".

75. Labo, bayohlonyuliswa ngegumbi ngenxa yokubekezela kwabo futhi bayothola kulo ukubingelelwa nokuthula.

76. Bayohlala kulo unaphakade; yeka indawo enhle yokuhlala nokuzinza.

77. Yithi: "iNkosi yami ayinandaba nani ukube bekungekho ngenxa yomkhuleko wenu. Impela niyaphika [nina eningakholwa], ngakhoke sizoninamathela [isijeziso]".

وَٱلَّذِينَ يَقُولُونَ رَبَّنَا هَبْ لَنَا مِنْ
أَزْوَٰجِنَا وَذُرِّيَّٰتِنَا قُرَّةَ أَعْيُنٍ وَٱجْعَلْنَا
لِلْمُتَّقِينَ إِمَامًا ﴿٧٤﴾

أُو۟لَٰٓئِكَ يُجْزَوْنَ ٱلْغُرْفَةَ بِمَا صَبَرُوا۟
وَيُلَقَّوْنَ فِيهَا تَحِيَّةً وَسَلَٰمًا ﴿٧٥﴾

خَٰلِدِينَ فِيهَا ۚ حَسُنَتْ مُسْتَقَرًّا
وَمُقَامًا ﴿٧٦﴾

قُلْ مَا يَعْبَؤُا۟ بِكُمْ رَبِّى لَوْلَا دُعَآؤُكُمْ ۖ
فَقَدْ كَذَّبْتُمْ فَسَوْفَ يَكُونُ لِزَامًا ﴿٧٧﴾

(26) SURA SHU'ARA
IZIMBONGI

سُورَةُ الشُّعَرَاءِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Twa-Sin-Mim.

طسٓمٓ ﴿١﴾

2. Lena imibiko yeNcwadi ecacisayo [iKurani].

تِلْكَ ءَايَٰتُ ٱلْكِتَٰبِ ٱلْمُبِينِ ﴿٢﴾

3. Hleze uzikhandla kakhulu ngenxa yokuthi kabasibo abakholwayo.

لَعَلَّكَ بَٰخِعٌ نَّفْسَكَ أَلَّا يَكُونُوا۟ مُؤْمِنِينَ ﴿٣﴾

4. Ukube siyathanda besizobehlisela isibonakaliso esivela ezulwini, lesi imiqala yabo iyohlale isithobele.

إِن نَّشَأْ نُنَزِّلْ عَلَيْهِم مِّنَ ٱلسَّمَآءِ ءَايَةً فَظَلَّتْ أَعْنَٰقُهُمْ لَهَا خَٰضِعِينَ ﴿٤﴾

5. Futhi njalo uma sibalethela iseluleko esisha esivela koNomusa bavele basishaye indiva.

وَمَا يَأْتِيهِم مِّن ذِكْرٍ مِّنَ ٱلرَّحْمَٰنِ مُحْدَثٍ إِلَّا كَانُوا۟ عَنْهُ مُعْرِضِينَ ﴿٥﴾

6. Impela baphika iqiniso, ngakho ziyofika kubo izindaba zalokho abahlekisa ngakho.

فَقَدْ كَذَّبُوا۟ فَسَيَأْتِيهِمْ أَنۢبَٰٓؤُا۟ مَا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٦﴾

7. Ingabe ababoni yini ukuthi ziningi kanjani izinhlobo [zezitshalo] esihlumise emhlabeni na?

أَوَلَمْ يَرَوْا۟ إِلَى ٱلْأَرْضِ كَمْ أَنۢبَتْنَا فِيهَا مِن كُلِّ زَوْجٍ كَرِيمٍ ﴿٧﴾

8. Impela kulokho kunesibonakaliso kepha iningi labo alikholwa.

إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَةً ۖ وَمَا كَانَ أَكْثَرُهُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٨﴾

9. Futhi impela iNkosi yakho inguSomandla Onesihawu.

وَإِنَّ رَبَّكَ لَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٩﴾

10. Landisa ngamhla iNkosi yakho imemeza uMusa [yathi], "hamba uye kulabantu abaphambukile".

وَإِذْ نَادَىٰ رَبُّكَ مُوسَىٰٓ أَنِ ٱئْتِ ٱلْقَوْمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٠﴾

11. Isizwe sika Firawuni. Kungani bengathobeli u Allah na?

قَوْمَ فِرْعَوْنَ ۚ أَلَا يَتَّقُونَ ﴿١١﴾

12. Wathi [uMusa]: "Nkosi yami, impela ngesaba ukuthi bayothi nginamanga".

قَالَ رَبِّ إِنِّيٓ أَخَافُ أَن يُكَذِّبُونِ ﴿١٢﴾

13. Futhi nenhliziyo yami ithwele kanzima nolimi lwami aluqaqekile; ngakhoke thumela kuHaruna.

وَيَضِيقُ صَدْرِى وَلَا يَنطَلِقُ لِسَانِى فَأَرْسِلْ إِلَىٰ هَٰرُونَ ﴿١٣﴾

14. Futhi basase nempindiselo yegazi kimi; ngakhoke ngesaba ukuthi bangahle bangibulale.

وَلَهُمْ عَلَىَّ ذَنۢبٌ فَأَخَافُ أَن يَقْتُلُونِ ﴿١٤﴾

15. Wathi [u Allah]: "Phinde, hambani nina nobabili nemibiko yeThu, Thina sikanye nani silalele".

قَالَ كَلَّا ۖ فَٱذْهَبَا بِـَٔايَٰتِنَآ ۖ إِنَّا مَعَكُم مُّسْتَمِعُونَ ﴿١٥﴾

16. Ngakhoke iyani kuFirawuni nifike nithi: "siyiZithunywa zeNkosi yendalo yonke".

فَأْتِيَا فِرْعَوْنَ فَقُولَآ إِنَّا رَسُولُ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١٦﴾

17. Ukuze udedele kithi isizwe sakwa Isirayeli.

أَنْ أَرْسِلْ مَعَنَا بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ﴿١٧﴾

18. Wathi [uFirawuni]: "Asizange yini sikukhulise kusukela umncane waphinde wahlala iminyaka eminingi yempilo nathi na?"

قَالَ أَلَمْ نُرَبِّكَ فِينَا وَلِيدًا وَلَبِثْتَ فِينَا مِنْ عُمُرِكَ سِنِينَ ﴿١٨﴾

19. Wase wenza lento yakho owayenza kulapho ungakhombisi ukubonga.

وَفَعَلْتَ فَعْلَتَكَ ٱلَّتِى فَعَلْتَ وَأَنتَ مِنَ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿١٩﴾

20. Wathi [uMusa]: "Ngakwenza lokho ngesikhathi lapho ngangidukile".

قَالَ فَعَلْتُهَآ إِذًا وَأَنَا۠ مِنَ ٱلضَّآلِّينَ ﴿٢٠﴾

21. Ngase nganibalekela ngenxa yokunesaba. Kepha iNkosi yami yangipha ubuhlakani [ukwembulelwa] wangenza omunye weZithunywa.

فَفَرَرْتُ مِنكُمْ لَمَّا خِفْتُكُمْ فَوَهَبَ لِى رَبِّى حُكْمًا وَجَعَلَنِى مِنَ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿٢١﴾

22. Futhi nje lomusa ongikhumbuza wona – ukuthi wenza isizwe sakwa Isirayeli izigqila.

وَتِلْكَ نِعْمَةٌ تَمُنُّهَا عَلَىَّ أَنْ عَبَّدتَّ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ﴿٢٢﴾

23. Wathi uFirawuni: "Yini leNkosi yendalo yonke na?"

قَالَ فِرْعَوْنُ وَمَا رَبُّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٢٣﴾

24. Wathi [uMusa]: "iNkosi yamazulu nomhlaba nokuphathi kwakho, uma ngempela ninesiqiniseko [ningena kungabaza]".

قَالَ رَبُّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَآ ۖ إِن كُنتُم مُّوقِنِينَ ﴿٢٤﴾

25. Wathi [uFirawuni] kulabo abaseduze kwakhe: "Niyangizwisa bo!"

قَالَ لِمَنْ حَوْلَهُۥٓ أَلَا تَسْتَمِعُونَ ﴿٢٥﴾

26. Wathi [uMusa]: "iNkosi yenu neNkosi yokhokho benu basendulo".

قَالَ رَبُّكُمْ وَرَبُّ ءَابَآئِكُمُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٢٦﴾

27. Wathi: "Impela leSithunywa senu esithunyelwe kini uyahlanya".

قَالَ إِنَّ رَسُولَكُمُ ٱلَّذِىٓ أُرْسِلَ إِلَيْكُمْ لَمَجْنُونٌ ﴿٢٧﴾

28. Wathi [uMusa]: "iNkosi yempumalanga nentshonalanga nalokho okumaphakathi kwazo, uma ngempela ninokuqonda".

قَالَ رَبُّ ٱلْمَشْرِقِ وَٱلْمَغْرِبِ وَمَا بَيْنَهُمَآ ۖ إِن كُنتُمْ تَعْقِلُونَ ﴿٢٨﴾

29. Wathi: "Uma uziqokela esinye isikhonzwa ngaphandle kwami, impela ngizokugquma ejele".

قَالَ لَئِنِ ٱتَّخَذْتَ إِلَٰهًا غَيْرِى لَأَجْعَلَنَّكَ مِنَ ٱلْمَسْجُونِينَ ﴿٢٩﴾

30. Wathi [uMusa]: "Ake ngikulethele into ethe ukucaca".

قَالَ أَوَلَوْ جِئْتُكَ بِشَيْءٍ مُّبِينٍ ﴿٣٠﴾

31. Wathi: "Yilethe uma ngempela uqinisile".

قَالَ فَأْتِ بِهِۦٓ إِن كُنتَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿٣١﴾

32. Wajikijela induku yakhe gubhu yaphenduka inyoka esobala.

فَأَلْقَىٰ عَصَاهُ فَإِذَا هِيَ ثُعْبَانٌ مُّبِينٌ ﴿٣٢﴾

33. Wakhipha isandla sakhe gubhu saphenduka saba mhlophe kwababukayo.

وَنَزَعَ يَدَهُۥ فَإِذَا هِيَ بَيْضَآءُ لِلنَّٰظِرِينَ ﴿٣٣﴾

34. Wathi [uFirawuni] kuzikhulu ezimhaqile: "Impela lona umlumbi ogogodile".

قَالَ لِلْمَلَإِ حَوْلَهُۥٓ إِنَّ هَٰذَا لَسَٰحِرٌ عَلِيمٌ ﴿٣٤﴾

35. Ufuna ukunikhipha ezweni lenu ngobulumbi bakhe; ngakhoke nithi akwenziwe njani na?

يُرِيدُ أَن يُخْرِجَكُم مِّنْ أَرْضِكُم بِسِحْرِهِۦ فَمَاذَا تَأْمُرُونَ ﴿٣٥﴾

36. Bathi: "Awumyeke nje benomfowabo bese uthumela ababuthanisi kuzo izifunda".

قَالُوٓاْ أَرْجِهْ وَأَخَاهُ وَٱبْعَثْ فِي ٱلْمَدَآئِنِ حَٰشِرِينَ ﴿٣٦﴾

37. Bakulethele bonke abalumbi abagogodile.

يَأْتُوكَ بِكُلِّ سَحَّارٍ عَلِيمٍ ﴿٣٧﴾

38. Babuthaniswa abalumbi ngesikhathi sosuku olalunqunyiwe.

فَجُمِعَ ٱلسَّحَرَةُ لِمِيقَٰتِ يَوْمٍ مَّعْلُومٍ ﴿٣٨﴾

39. Kwase kuthiwa kubantu, "ingabe senibuthene na?"

وَقِيلَ لِلنَّاسِ هَلْ أَنتُم مُّجْتَمِعُونَ ﴿٣٩﴾

40. Mhlawumbe sizolandela abalumbi uma kuyibona abanqobayo.

لَعَلَّنَا نَتَّبِعُ ٱلسَّحَرَةَ إِن كَانُواْ هُمُ ٱلْغَٰلِبِينَ ﴿٤٠﴾

41. Kuthe lapho abalumbi befika bathi kuFirawuni: "Ingabe ukhona umvuzo esizowuthola uma kuba yithina abanqobayo".

فَلَمَّا جَآءَ ٱلسَّحَرَةُ قَالُواْ لِفِرْعَوْنَ أَئِنَّ لَنَا لَأَجْرًا إِن كُنَّا نَحْنُ ٱلْغَٰلِبِينَ ﴿٤١﴾

42. Wathi: "Yebo futhi niyoba izithenjwa".

قَالَ نَعَمۡ وَإِنَّكُمۡ إِذٗا لَّمِنَ ٱلۡمُقَرَّبِينَ ﴿٤٢﴾

43. Wathi kubo uMusa: "Phonsani lokho enikuphonsayo".

قَالَ لَهُم مُّوسَىٰٓ أَلۡقُواْ مَآ أَنتُم مُّلۡقُونَ ﴿٤٣﴾

44. Baphonsa izintambo zabo nezinduku zabo base bathi: "Ngobukhulu buka Firawuni impela yithina esiyonqoba".

فَأَلۡقَوۡاْ حِبَالَهُمۡ وَعِصِيَّهُمۡ وَقَالُواْ بِعِزَّةِ فِرۡعَوۡنَ إِنَّا لَنَحۡنُ ٱلۡغَٰلِبُونَ ﴿٤٤﴾

45. NoMusa wabe esephonsa induku yakhe, gubhu yiyo leya isidla konke lokhu ababekhohlisa ngakho.

فَأَلۡقَىٰ مُوسَىٰ عَصَاهُ فَإِذَا هِيَ تَلۡقَفُ مَا يَأۡفِكُونَ ﴿٤٥﴾

46. Abalumbi bawa phansi ngobuso bekhothama.

فَأُلۡقِيَ ٱلسَّحَرَةُ سَٰجِدِينَ ﴿٤٦﴾

47. Bathi: "Siyakholelwa eNkosini yendalo yonke".

قَالُوٓاْ ءَامَنَّا بِرَبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ﴿٤٧﴾

48. INkosi kaMussa noHaruna.

رَبِّ مُوسَىٰ وَهَٰرُونَ ﴿٤٨﴾

49. Wathi [uFirawuni]: "Nikholwa nguye ngingakanivumeli mina; impela ungugosa wenu lona owanifundisa ubulumbi, nizokwazi kahle. Ngizonqamula izandla zenu nemilenze yenu ngokuphambana bese nginibethela nonke".

قَالَ ءَامَنتُمۡ لَهُۥ قَبۡلَ أَنۡ ءَاذَنَ لَكُمۡۖ إِنَّهُۥ لَكَبِيرُكُمُ ٱلَّذِي عَلَّمَكُمُ ٱلسِّحۡرَۖ فَلَسَوۡفَ تَعۡلَمُونَۚ لَأُقَطِّعَنَّ أَيۡدِيَكُمۡ وَأَرۡجُلَكُم مِّنۡ خِلَٰفٖ وَلَأُصَلِّبَنَّكُمۡ أَجۡمَعِينَ ﴿٤٩﴾

50. Bathi [abalumbi]: "Akunakinga, ngokuba siyobuyela eNkosini yethu".

قَالُواْ لَا ضَيۡرَۖ إِنَّآ إِلَىٰ رَبِّنَا مُنقَلِبُونَ ﴿٥٠﴾

51. Impela sifisa ukuthi iNkosi yethu isithethelele izimpambuko zethu ngokuba sibe ngabakoqala ukukholwa.

إِنَّا نَطۡمَعُ أَن يَغۡفِرَ لَنَا رَبُّنَا خَطَٰيَٰنَآ أَن كُنَّآ أَوَّلَ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ ﴿٥١﴾

52. Sabe sesembulela kuMusa sathi: "Hamba nezigqila zami ebusuku, impela niyolandelwa".

* وَأَوْحَيْنَآ إِلَىٰ مُوسَىٰٓ أَنْ أَسْرِ بِعِبَادِى إِنَّكُم مُّتَّبَعُونَ ﴿٥٢﴾

53. uFirawuni wabe esethumela ababuthanisi ezifundeni.

فَأَرْسَلَ فِرْعَوْنُ فِى ٱلْمَدَآئِنِ حَٰشِرِينَ ﴿٥٣﴾

54. [wathi uFirawuni], Impela laba bawuquqaba oluwubala nje.

إِنَّ هَٰٓؤُلَآءِ لَشِرْذِمَةٌ قَلِيلُونَ ﴿٥٤﴾

55. Futhi basidine kabi.

وَإِنَّهُمْ لَنَا لَغَآئِظُونَ ﴿٥٥﴾

56. Futhi thina siyibutho eliphapheme.

وَإِنَّا لَجَمِيعٌ حَٰذِرُونَ ﴿٥٦﴾

57. Sabe-ke sesibakhipha ezivandeni nemithombo.

فَأَخْرَجْنَٰهُم مِّن جَنَّٰتٍ وَعُيُونٍ ﴿٥٧﴾

58. Nemicebo nesindawo ezinhle.

وَكُنُوزٍ وَمَقَامٍ كَرِيمٍ ﴿٥٨﴾

59. Sakundlulisela kanjalo kusizwe sakwa Isirayeli.

كَذَٰلِكَ ۖ وَأَوْرَثْنَٰهَا بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ﴿٥٩﴾

60. Babalandela ekuseni kuphuma ilanga.

فَأَتْبَعُوهُم مُّشْرِقِينَ ﴿٦٠﴾

61. Kuthe lapho esebonana womabili amaqembu, laba ababe noMusa bathi: "impela sesibanjiwe".

فَلَمَّا تَرَٰٓءَا ٱلْجَمْعَانِ قَالَ أَصْحَٰبُ مُوسَىٰٓ إِنَّا لَمُدْرَكُونَ ﴿٦١﴾

62. Wathi [uMusa]: "Phinde! iNkosi yami inami izongihola".

قَالَ كَلَّآ ۖ إِنَّ مَعِىَ رَبِّى سَيَهْدِينِ ﴿٦٢﴾

63. Sabe sesambulela kuMusa sathi, "shaya ulwandle ngenduku yakho", lwaqhekeka, yonke ingxenye yaba ngathi intaba enkulukazi.

فَأَوْحَيْنَآ إِلَىٰ مُوسَىٰٓ أَنِ ٱضْرِب بِّعَصَاكَ ٱلْبَحْرَ ۖ فَٱنفَلَقَ فَكَانَ كُلُّ فِرْقٍ كَٱلطَّوْدِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٦٣﴾

64. Sabe sesisondeza laba abanye.

وَأَزْلَفْنَا ثَمَّ ٱلْـَٔاخَرِينَ ﴿٦٤﴾

65. Sahlenga uMusa nabo bonke labo ababe kanye naye.

وَأَنجَيْنَا مُوسَىٰ وَمَن مَّعَهُۥٓ أَجْمَعِينَ ﴿٦٥﴾

66. Sabe seminzisa laba abanye.

ثُمَّ أَغْرَقْنَا ٱلْـَٔاخَرِينَ ﴿٦٦﴾

67. Impela kulokho kunesifundo, kepha iningi labo alikholwa.

إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَةً ۖ وَمَا كَانَ أَكْثَرُهُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٦٧﴾

68. Impela iNkosi yakho inguSomandla Onesihawu.

وَإِنَّ رَبَّكَ لَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٦٨﴾

69. Balandise futhi ngendaba ka Ibhirahimu.

وَٱتْلُ عَلَيْهِمْ نَبَأَ إِبْرَٰهِيمَ ﴿٦٩﴾

70. Mhla ethi kuyise nesizwe sakhe: "Yini lokhu enikukhonzayo na?"

إِذْ قَالَ لِأَبِيهِ وَقَوْمِهِۦ مَا تَعْبُدُونَ ﴿٧٠﴾

71. Bathi: "Sikhonza izithixo futhi sizinikele kuzo".

قَالُوا۟ نَعْبُدُ أَصْنَامًا فَنَظَلُّ لَهَا عَٰكِفِينَ ﴿٧١﴾

72. Wathi: "Ingabe ziyanizwa lapho nikhuleka na?"

قَالَ هَلْ يَسْمَعُونَكُمْ إِذْ تَدْعُونَ ﴿٧٢﴾

73. Kumbe kukhona ezinizuzisa kona noma zinilimaze ngakho na?

أَوْ يَنفَعُونَكُمْ أَوْ يَضُرُّونَ ﴿٧٣﴾

74. Bathi: "Phela safumanisa okhokho bethu benza kanjalo".

قَالُوا۟ بَلْ وَجَدْنَآ ءَابَآءَنَا كَذَٰلِكَ يَفْعَلُونَ ﴿٧٤﴾

75. Wathi: "Niyakubona lokhu enikukhonzayo..."

قَالَ أَفَرَءَيْتُم مَّا كُنتُمْ تَعْبُدُونَ ﴿٧٥﴾

76. Nina nokhokho benu basendulo.

أَنتُمْ وَءَابَآؤُكُمُ ٱلْأَقْدَمُونَ ﴿٧٦﴾

77. Kuyisitha sami ngaphandle kweNkosi yendalo yonke.

فَإِنَّهُمْ عَدُوٌّ لِّىٓ إِلَّا رَبَّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٧٧﴾

78. Lena engidalile okuyiyona engiholayo.

ٱلَّذِى خَلَقَنِى فَهُوَ يَهْدِينِ ﴿٧٨﴾

79. Lena engipha ukudla nokuphuzwayo.

وَٱلَّذِى هُوَ يُطْعِمُنِى وَيَسْقِينِ ﴿٧٩﴾

80. Futhi uma ngigula iyona engilaphayo.

وَإِذَا مَرِضْتُ فَهُوَ يَشْفِينِ ﴿٨٠﴾

81. Lena eyothatha umphefumulo wami iphinde ingivuse.

وَٱلَّذِى يُمِيتُنِى ثُمَّ يُحْيِينِ ﴿٨١﴾

82. Lena engifisa ukuba ingithethelele izimpambuko zami ngoSuku lokwahlulela.

وَٱلَّذِىٓ أَطْمَعُ أَن يَغْفِرَ لِى خَطِيٓـَٔتِى يَوْمَ ٱلدِّينِ ﴿٨٢﴾

83. Nkosi yami ngiphe ubuhlakani ungihlanganise nabaqotho.

رَبِّ هَبْ لِى حُكْمًا وَأَلْحِقْنِى بِٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٨٣﴾

84. Ungenzele izincomo ezinhle kulabo abalandelayo.

وَٱجْعَل لِّى لِسَانَ صِدْقٍ فِى ٱلْءَاخِرِينَ ﴿٨٤﴾

85. Futhi ungenze ngibe omunye wezindlalifa zeJana yentokomalo.

وَٱجْعَلْنِى مِن وَرَثَةِ جَنَّةِ ٱلنَّعِيمِ ﴿٨٥﴾

86. Uthethelele nobaba wami, impela ungodukile.

وَٱغْفِرْ لِأَبِىٓ إِنَّهُۥ كَانَ مِنَ ٱلضَّآلِّينَ ﴿٨٦﴾

87. Futhi ungangihlazisi ngosuku lokuvuswa.

وَلَا تُخْزِنِى يَوْمَ يُبْعَثُونَ ﴿٨٧﴾

88. Ngosuku lapho umcebo nezingane zingekuba nasizo.

يَوْمَ لَا يَنفَعُ مَالٌ وَلَا بَنُونَ ﴿٨٨﴾

89. Ngaphandle kwaloyo ofike ku Allah nenhliziyo emsulwa.

إِلَّا مَنْ أَتَى ٱللَّهَ بِقَلْبٍ سَلِيمٍ ﴿٨٩﴾

90. Futhi iJana iyobe isisondezelwa labo abathobela u Allah.

وَأُزْلِفَتِ ٱلْجَنَّةُ لِلْمُتَّقِينَ ﴿٩٠﴾

91. Bese neJahanamu ivezelwa labo abangabadukisi.

وَبُرِّزَتِ ٱلْجَحِيمُ لِلْغَاوِينَ ﴿٩١﴾

92. Kuyobe sekuthiwa kubo: "Kuphi lokhu ebenikukhonzana?"

وَقِيلَ لَهُمْ أَيْنَ مَا كُنتُمْ تَعْبُدُونَ ﴿٩٢﴾

93. Ngaphandle kuka Allah; ingabe kuyonisiza noma kuzisize kona na?

مِن دُونِ ٱللَّهِ هَلْ يَنصُرُونَكُمْ أَوْ يَنتَصِرُونَ ﴿٩٣﴾

94. Bayobe sebelahlelwa kuyo bona nabadukisi.

فَكُبْكِبُوا۟ فِيهَا هُمْ وَٱلْغَاوُۥنَ ﴿٩٤﴾

95. Kanye nebutho likaIbilisi bonke ndawonye.

وَجُنُودُ إِبْلِيسَ أَجْمَعُونَ ﴿٩٥﴾

96. Bayothi – kulapho bephikisana bodwa kuyo.

قَالُوا۟ وَهُمْ فِيهَا يَخْتَصِمُونَ ﴿٩٦﴾

97. Simfunge u Allah, impela besisekudukeni okusobala.

تَٱللَّهِ إِن كُنَّا لَفِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٩٧﴾

98. Mhla sinilinganisa neNkosi yendalo yonke.

إِذْ نُسَوِّيكُم بِرَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٩٨﴾

99. Futhi akekho osidukisile ngaphandle kweziphula mthetho.

وَمَآ أَضَلَّنَآ إِلَّا ٱلْمُجْرِمُونَ ﴿٩٩﴾

100. Akekho oyosishwelezela.

فَمَا لَنَا مِن شَٰفِعِينَ ﴿١٠٠﴾

101. Futhi akekho ongumngani osendele.

وَلَا صَدِيقٍ حَمِيمٍ ﴿١٠١﴾

102. Uma nje singathola ithuba lokubuyela emuva, siyoba ngabakholwayo.

فَلَوْ أَنَّ لَنَا كَرَّةً فَنَكُونَ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٠٢﴾

103. Impela kulokho kunesifundo, kepha iningi labo alikholwa.

إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَةً ۖ وَمَا كَانَ أَكْثَرُهُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١٠٣﴾

104. Futhi impela iNkosi yakho inguSomandla Onesihawu.

وَإِنَّ رَبَّكَ لَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٠٤﴾

105. Isizwe sika Nuhu saphika iZithunywa.

كَذَّبَتْ قَوْمُ نُوحٍ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿١٠٥﴾

106. Mhla umfowabo uNuhu ethi kubo, "ake nithobele u Allah".

إِذْ قَالَ لَهُمْ أَخُوهُمْ نُوحٌ أَلَا تَتَّقُونَ ﴿١٠٦﴾

107. Impela mina ngiyiSithunywa esithembekile kini.

إِنِّى لَكُمْ رَسُولٌ أَمِينٌ ﴿١٠٧﴾

فَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ﴿١٠٨﴾

108. Ngakhoke thobelani u Allah nilalele nami.

وَمَآ أَسْـَٔلُكُمْ عَلَيْهِ مِنْ أَجْرٍۖ إِنْ أَجْرِيَ إِلَّا عَلَىٰ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١٠٩﴾

109. Futhi anginiceli mvuzo ngokuba umvuzo wami useNkosini yendalo yonke.

فَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ﴿١١٠﴾

110. Ngakhoke thobelani u Allah nilalele nami.

* قَالُوٓاْ أَنُؤْمِنُ لَكَ وَٱتَّبَعَكَ ٱلْأَرْذَلُونَ ﴿١١١﴾

111. Bathi: "Singakukholwa kanjani ube ulandelwa izichaka".

قَالَ وَمَا عِلْمِي بِمَا كَانُواْ يَعْمَلُونَ ﴿١١٢﴾

112. Wathi: "Akusiwo umsebenzi wami ukwazi ngalokho abakwenzayo".

إِنْ حِسَابُهُمْ إِلَّا عَلَىٰ رَبِّيۖ لَوْ تَشْعُرُونَ ﴿١١٣﴾

113. Impela iNkosi yabo kuphela eyobahlulela ukube nje benazi.

وَمَآ أَنَا۠ بِطَارِدِ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١١٤﴾

114. Futhi mina ngeke ngaxosha abakholwayo.

إِنْ أَنَا۠ إِلَّا نَذِيرٞ مُّبِينٞ ﴿١١٥﴾

115. Mina ngiyiSithunywa nje esicacisayo.

قَالُواْ لَئِن لَّمْ تَنتَهِ يَٰنُوحُ لَتَكُونَنَّ مِنَ ٱلْمَرْجُومِينَ ﴿١١٦﴾

116. Bathi: "Uma ungaphezi we Nuhu, impela uzokhandwa ngamatshe".

قَالَ رَبِّ إِنَّ قَوْمِي كَذَّبُونِ ﴿١١٧﴾

117. Wathi: "Nkosi yami, impela isizwe sami asingikholwa".

فَٱفْتَحْ بَيْنِي وَبَيْنَهُمْ فَتْحٗا وَنَجِّنِي وَمَن مَّعِيَ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١١٨﴾

118. Yehlulela kahle phakathi kwami nabo futhi ungihlenge mina nalabo abakholwayo abakanye nami.

فَأَنجَيْنَٰهُ وَمَن مَّعَهُۥ فِي ٱلْفُلْكِ ٱلْمَشْحُونِ ﴿١١٩﴾

119. Samhlenga yena kanye nalabo ababekanye naye emfuleni.

ثُمَّ أَغۡرَقۡنَا بَعۡدُ ٱلۡبَاقِينَ ﴿١٢٠﴾

120. Sabe sesiminzisa emuva kwalokho labo abasala.

إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَآيَةٗۖ وَمَا كَانَ أَكۡثَرُهُم مُّؤۡمِنِينَ ﴿١٢١﴾

121. Impela kulokho kunesifundo, kepha iningi labo alikholwa.

وَإِنَّ رَبَّكَ لَهُوَ ٱلۡعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٢٢﴾

122. Futhi impela iNkosi yakho inguSomandla Onesihawu.

كَذَّبَتۡ عَادٌ ٱلۡمُرۡسَلِينَ ﴿١٢٣﴾

123. Isizwe sakwa Adi asikholwanga iZithunywa.

إِذۡ قَالَ لَهُمۡ أَخُوهُمۡ هُودٌ أَلَا تَتَّقُونَ ﴿١٢٤﴾

124. Mhla umfowabo uHudi ethi kubo, "Kungani ningathobeli u Allah na?"

إِنِّي لَكُمۡ رَسُولٌ أَمِينٞ ﴿١٢٥﴾

125. Impela mina ngiyiSithunywa esithembekile kini.

فَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ﴿١٢٦﴾

126. Ngakhoke thobelani u Allah nilalele nami.

وَمَآ أَسۡـَٔلُكُمۡ عَلَيۡهِ مِنۡ أَجۡرٍۖ إِنۡ أَجۡرِيَ إِلَّا عَلَىٰ رَبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ﴿١٢٧﴾

127. Futhi anginiceli ngakho umvu ngokuba umvuzo wami useNkosini yendalo yonke kuphela.

أَتَبۡنُونَ بِكُلِّ رِيعٍ ءَايَةٗ تَعۡبَثُونَ ﴿١٢٨﴾

128. Ingabe nakha kuyo yonke indawo ephakeme izakhiwo eziphakeme nichitha isikhathi na?

وَتَتَّخِذُونَ مَصَانِعَ لَعَلَّكُمۡ تَخۡلُدُونَ ﴿١٢٩﴾

129. Futhi nakha izakhiwo ezinkulu okungathi nizohlala unaphakade.

وَإِذَا بَطَشۡتُم بَطَشۡتُمۡ جَبَّارِينَ ﴿١٣٠﴾

130. Futhi uma nigasela nigasela ngobudlova.

فَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ﴿١٣١﴾

131. Ngakhoke thobelani u Allah nilalele nami.

132. Nithobele lowo onandisele lokho enikwaziyo.

وَٱتَّقُواْ ٱلَّذِيٓ أَمَدَّكُم بِمَا تَعۡلَمُونَ ١٣٢

133. Unandisele imfuyo nezingane.

أَمَدَّكُم بِأَنۡعَٰمٖ وَبَنِينَ ١٣٣

134. Nezivande nemithombo.

وَجَنَّٰتٖ وَعُيُونٍ ١٣٤

135. Impela nginesabela isijeziso soSuku olukhulu.

إِنِّيٓ أَخَافُ عَلَيۡكُمۡ عَذَابَ يَوۡمٍ عَظِيمٖ ١٣٥

136. Bathi: "Kuyefana nje kithi uyeluleka noma aweluleki".

قَالُواْ سَوَآءٌ عَلَيۡنَآ أَوَعَظۡتَ أَمۡ لَمۡ تَكُن مِّنَ ٱلۡوَٰعِظِينَ ١٣٦

137. Lokhu yindlela nje yalabo basendulo.

إِنۡ هَٰذَآ إِلَّا خُلُقُ ٱلۡأَوَّلِينَ ١٣٧

138. Futhi angeke sijeziswe.

وَمَا نَحۡنُ بِمُعَذَّبِينَ ١٣٨

139. Abamkholwanga, sababhubhisa. Impela kulokho kunesifundo, kepha iningi labo alikholwa.

فَكَذَّبُوهُ فَأَهۡلَكۡنَٰهُمۡۗ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَةٗۖ وَمَا كَانَ أَكۡثَرُهُم مُّؤۡمِنِينَ ١٣٩

140. Futhi impela iNkosi yakho inguSomandla Onesihawu.

وَإِنَّ رَبَّكَ لَهُوَ ٱلۡعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ١٤٠

141. Isizwe sakwa Tamudi asikholwanga iZithunywa.

كَذَّبَتۡ ثَمُودُ ٱلۡمُرۡسَلِينَ ١٤١

142. Mhla umfowabo uSwalihi ethi kubo, "Kungani ningathobeli u Allah".

إِذۡ قَالَ لَهُمۡ أَخُوهُمۡ صَٰلِحٌ أَلَا تَتَّقُونَ ١٤٢

143. Impela mina ngiyiSithunywa esithembekile kini.

إِنِّي لَكُمۡ رَسُولٌ أَمِينٞ ١٤٣

144. Ngakhoke thobelani u Allah nilalele nami.

فَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ١٤٤

145. Futhi angiceli mvuzo ngakho ngokuba umvuzo wami useNkosini yendalo yonke.

وَمَآ أَسۡـَٔلُكُمۡ عَلَيۡهِ مِنۡ أَجۡرٍۖ إِنۡ أَجۡرِيَ إِلَّا عَلَىٰ رَبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ١٤٥

أَتُتْرَكُونَ فِي مَا هَٰهُنَآ ءَامِنِينَ ﴿١٤٦﴾

146. Ingabe niyekwa kanje lana niphephile na?

فِي جَنَّٰتٍ وَعُيُونٍ ﴿١٤٧﴾

147. Ezivandeni nemithombo.

وَزُرُوعٍ وَنَخْلٍ طَلْعُهَا هَضِيمٌ ﴿١٤٨﴾

148. Nezitshalo namasundu ozithelo zayo zivuthwe kahle.

وَتَنْحِتُونَ مِنَ ٱلْجِبَالِ بُيُوتًا فَٰرِهِينَ ﴿١٤٩﴾

149. Futhi nibaza ngobuchwepheshe izindlu ezintabeni.

فَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ﴿١٥٠﴾

150. Ngakhoke thobelani u Allah nilalele nami.

وَلَا تُطِيعُوٓا۟ أَمْرَ ٱلْمُسْرِفِينَ ﴿١٥١﴾

151. Futhi ningalaleli umyalelo walabo abayizephula mthetho.

ٱلَّذِينَ يُفْسِدُونَ فِي ٱلْأَرْضِ وَلَا يُصْلِحُونَ ﴿١٥٢﴾

152. Labo abenza ukuphambuka ezweni futhi abangalungisi.

قَالُوٓا۟ إِنَّمَآ أَنتَ مِنَ ٱلْمُسَحَّرِينَ ﴿١٥٣﴾

153. Bathi: "Impela wena uloyiwe".

مَآ أَنتَ إِلَّا بَشَرٌ مِّثْلُنَا فَأْتِ بِـَٔايَةٍ إِن كُنتَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿١٥٤﴾

154. Awuyilutho ngaphandle nje komuntu ofana nathi; ngakhoke silethele isibonakaliso uma ngempela uqinisile.

قَالَ هَٰذِهِۦ نَاقَةٌ لَّهَا شِرْبٌ وَلَكُمْ شِرْبُ يَوْمٍ مَّعْلُومٍ ﴿١٥٥﴾

155. Wathi: "Nali ikameli lika Allah. Linosuku lalo lokuphuza nani ninosuku lwenu lokuphuza olunqunyiwe.

وَلَا تَمَسُّوهَا بِسُوٓءٍ فَيَأْخُذَكُمْ عَذَابُ يَوْمٍ عَظِيمٍ ﴿١٥٦﴾

156. Ningalenzi okubi funa nehlelwe isijeziso sosuku olukhulu.

فَعَقَرُوهَا فَأَصْبَحُوا۟ نَٰدِمِينَ ﴿١٥٧﴾

157. Balihlaba, bazisola.

فَأَخَذَهُمُ ٱلْعَذَابُ ۗ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَءَايَةً ۖ وَمَا كَانَ أَكْثَرُهُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١٥٨﴾

158. Behlelwa isijeziso. Impela kulokho kunesifundo, kepha iningi labo alikholwa.

159. Futhi impela iNkosi yakho inguSomandla Onesihawu.

وَإِنَّ رَبَّكَ لَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٥٩﴾

160. Isizwe sikaLuti asikholwanga iZithunywa.

كَذَّبَتْ قَوْمُ لُوطٍ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿١٦٠﴾

161. Mhla umfowabo uLuti ethi kubo, "kungani ningathobeli u Allah na?"

إِذْ قَالَ لَهُمْ أَخُوهُمْ لُوطٌ أَلَا تَتَّقُونَ ﴿١٦١﴾

162. Impela mina ngiyiSithunywa esithembekile kini.

إِنِّى لَكُمْ رَسُولٌ أَمِينٌ ﴿١٦٢﴾

163. Ngakhoke thobelani u Allah nilalele nami.

فَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ﴿١٦٣﴾

164. Futhi anginiceli mvuzo ngakho ngokuba umvuzo wami useNkosini yendalo yonke.

وَمَآ أَسْـَٔلُكُمْ عَلَيْهِ مِنْ أَجْرٍ ۖ إِنْ أَجْرِىَ إِلَّا عَلَىٰ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١٦٤﴾

165. Ingabe nikhanuka amadoda endalweni yonke na?

أَتَأْتُونَ ٱلذُّكْرَانَ مِنَ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١٦٥﴾

166. Niyekele lokho u Allah anidalele kona kubafazi benu. Impela nina ningabantu abayiziphula mthetho.

وَتَذَرُونَ مَا خَلَقَ لَكُمْ رَبُّكُم مِّنْ أَزْوَٰجِكُم ۚ بَلْ أَنتُمْ قَوْمٌ عَادُونَ ﴿١٦٦﴾

167. Bathi: "Uma ungaphezi weLuti uzokhandwa ngamatshe".

قَالُوا۟ لَئِن لَّمْ تَنتَهِ يَٰلُوطُ لَتَكُونَنَّ مِنَ ٱلْمُخْرَجِينَ ﴿١٦٧﴾

168. Wathi: "Impela mina ngiyakugxeka enikwenzayo".

قَالَ إِنِّى لِعَمَلِكُم مِّنَ ٱلْقَالِينَ ﴿١٦٨﴾

169. Nkosi yami ngihlenge mina nomndeni wami kulokho abakwenzayo.

رَبِّ نَجِّنِى وَأَهْلِى مِمَّا يَعْمَلُونَ ﴿١٦٩﴾

170. Sabahlenga bonke yena nomndeni wakhe.

فَنَجَّيْنَٰهُ وَأَهْلَهُۥٓ أَجْمَعِينَ ﴿١٧٠﴾

171. Ngaphandle kwesalukazi esaba kanye nabasalayo.

إِلَّا عَجُوزًا فِي ٱلْغَٰبِرِينَ ﴿١٧١﴾

172. Sase sibhubhisa laba abanye.

ثُمَّ دَمَّرْنَا ٱلْءَاخَرِينَ ﴿١٧٢﴾

173. Sabathela ngemvula, yaze yayimbi imvula yalabo abaxwayisiwe.

وَأَمْطَرْنَا عَلَيْهِم مَّطَرًا ۖ فَسَآءَ مَطَرُ ٱلْمُنذَرِينَ ﴿١٧٣﴾

174. Impela kulokho kunesifundo, kepha iningi labo alikholwa.

إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَءَايَةً ۖ وَمَا كَانَ أَكْثَرُهُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١٧٤﴾

175. Futh impela iNkosi yakho inguSomandla Onesihawu.

وَإِنَّ رَبَّكَ لَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٧٥﴾

176. Abezivande [eMadiyana] abakholwanga iZithunywa.

كَذَّبَ أَصْحَٰبُ لْـَٔيْكَةِ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿١٧٦﴾

177. Mhla uShu'ayibu ethi kubo, "kungani ningathobeli u Allah na?"

إِذْ قَالَ لَهُمْ شُعَيْبٌ أَلَا تَتَّقُونَ ﴿١٧٧﴾

178. Impela ngiyiSithunywa esithembekile kini.

إِنِّي لَكُمْ رَسُولٌ أَمِينٌ ﴿١٧٨﴾

179. Ngakhoke thobelani u Allah nilalele nami.

فَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ﴿١٧٩﴾

180. Futhi anginiceli mvuzo ngakho ngokuba umvuzo wami useNkosini yendalo yonke.

وَمَآ أَسْـَٔلُكُمْ عَلَيْهِ مِنْ أَجْرٍ ۖ إِنْ أَجْرِيَ إِلَّا عَلَىٰ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١٨٠﴾

181. Linganisani isikali ngokugcwele ningabi amaqili.

* أَوْفُوا۟ ٱلْكَيْلَ وَلَا تَكُونُوا۟ مِنَ ٱلْمُخْسِرِينَ ﴿١٨١﴾

182. Nikale ngesikali esiqondile.

وَزِنُوا۟ بِٱلْقِسْطَاسِ ٱلْمُسْتَقِيمِ ﴿١٨٢﴾

183. Futhi ningaqili abantu izinto zabo noma nenze impambuko ezweni nenkohlakalo.

وَلَا تَبْخَسُوا۟ ٱلنَّاسَ أَشْيَآءَهُمْ وَلَا تَعْثَوْا۟ فِي ٱلْأَرْضِ مُفْسِدِينَ ﴿١٨٣﴾

184. Futhi thobelani lona odale nina nezizwe zasendulo.

وَٱتَّقُواْ ٱلَّذِى خَلَقَكُمْ وَٱلْجِبِلَّةَ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٨٤﴾

185. Bathi: "Impela wena uloyiwe nje kwaphela".

قَالُوٓاْ إِنَّمَآ أَنتَ مِنَ ٱلْمُسَحَّرِينَ ﴿١٨٥﴾

186. Futhi awuyilutho ngaphandle nje komuntu ofana nathi futhi sicabanga ukuthi unamanga.

وَمَآ أَنتَ إِلَّا بَشَرٌ مِّثْلُنَا وَإِن نَّظُنُّكَ لَمِنَ ٱلْكَٰذِبِينَ ﴿١٨٦﴾

187. Ngakoke sehlisele ingxenye yesijeziso esivela ezulwini uma ngempela uqinisile.

فَأَسْقِطْ عَلَيْنَا كِسَفًا مِّنَ ٱلسَّمَآءِ إِن كُنتَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿١٨٧﴾

188. Wathi: "iNkosi yami ikwazi kahle lokhu enikwenzayo".

قَالَ رَبِّىٓ أَعْلَمُ بِمَا تَعْمَلُونَ ﴿١٨٨﴾

189. Kepha abamukholwanga; base behlelwa isijeziso sosuku lwefu. Impela kwabe kuyisijeziso sosoku olukhulu.

فَكَذَّبُوهُ فَأَخَذَهُمْ عَذَابُ يَوْمِ ٱلظُّلَّةِ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ عَذَابَ يَوْمٍ عَظِيمٍ ﴿١٨٩﴾

190. Impela kulokho kunesifundo, kepha iningi labo alikholwa.

إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَةً ۖ وَمَا كَانَ أَكْثَرُهُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١٩٠﴾

191. Futhi iNkosi yakho inguSomandla Onesihawu.

وَإِنَّ رَبَّكَ لَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٩١﴾

192. Impela yembulelwe [iKurani] iNkosi yendalo yonke.

وَإِنَّهُۥ لَتَنزِيلُ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١٩٢﴾

193. Yehliswe nguRuhu [uJibhirili] othembekile.

نَزَلَ بِهِ ٱلرُّوحُ ٱلْأَمِينُ ﴿١٩٣﴾

194. Eyehlisela enhlizweni yakho ukuze ube ngumxwayisi.

عَلَىٰ قَلْبِكَ لِتَكُونَ مِنَ ٱلْمُنذِرِينَ ﴿١٩٤﴾

195. Ngolwimi lwesi Arabhu olucacile.

بِلِسَانٍ عَرَبِىٍّ مُّبِينٍ ﴿١٩٥﴾

196. Futhi impela ibaluliwe eMibhalweni yaphambilini.

وَإِنَّهُۥ لَفِى زُبُرِ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٩٦﴾

197. Ingabe akubanga isibonakaliso esanele kubo ukuthi izazi zesizwe sakwa Isirayeli ziyayazi [iKurani] na?

أَوَلَمْ يَكُن لَّهُمْ ءَايَةً أَن يَعْلَمَهُۥ عُلَمَٰٓؤُا۟ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ﴿١٩٧﴾

198. Ukube sayembulela kwabanye abangewona ama Arabhu.

وَلَوْ نَزَّلْنَٰهُ عَلَىٰ بَعْضِ ٱلْأَعْجَمِينَ ﴿١٩٨﴾

199. Bese ebafundela yona, bebengeke bayikholwa.

فَقَرَأَهُۥ عَلَيْهِم مَّا كَانُوا۟ بِهِۦ مُؤْمِنِينَ ﴿١٩٩﴾

200. Sakufaka kanjalo [ukuphika iqiniso] ezinhlizweni zeziphula mthetho.

كَذَٰلِكَ سَلَكْنَٰهُ فِى قُلُوبِ ٱلْمُجْرِمِينَ ﴿٢٠٠﴾

201. Abasoze bakholwa yiyo kuze babona isijeziso esibuhlungu.

لَا يُؤْمِنُونَ بِهِۦ حَتَّىٰ يَرَوُا۟ ٱلْعَذَابَ ٱلْأَلِيمَ ﴿٢٠١﴾

202. Sizofika kubo bengazelele kulapho benganakile.

فَيَأْتِيَهُم بَغْتَةً وَهُمْ لَا يَشْعُرُونَ ﴿٢٠٢﴾

203. Bese bathi: "Asisanikwa nesikhasha nje".

فَيَقُولُوا۟ هَلْ نَحْنُ مُنظَرُونَ ﴿٢٠٣﴾

204. Ingabe bebejahe isijeziso seThu na?

أَفَبِعَذَابِنَا يَسْتَعْجِلُونَ ﴿٢٠٤﴾

205. Ubona kanjani uma sibajabulisa iminyaka.

أَفَرَءَيْتَ إِن مَّتَّعْنَٰهُمْ سِنِينَ ﴿٢٠٥﴾

206. Bese kufika kubo lokho abakuthenjisiwe.

ثُمَّ جَآءَهُم مَّا كَانُوا۟ يُوعَدُونَ ﴿٢٠٦﴾

207. Konke lokhu abanethezeka ngakho akuyikuba siza ngalutho.

مَآ أَغْنَىٰ عَنْهُم مَّا كَانُوا۟ يُمَتَّعُونَ ﴿٢٠٧﴾

وَمَآ أَهۡلَكۡنَا مِن قَرۡيَةٍ إِلَّا لَهَا مُنذِرُونَ ﴿٢٠٨﴾

208. Futhi asikaze sibhubhise isizwe ngaphandle sithole umexwayisi.

ذِكۡرَىٰ وَمَا كُنَّا ظَٰلِمِينَ ﴿٢٠٩﴾

209. Njengesikhumbuzo. Futhi asibona labo abenza okungebulungiswa.

وَمَا تَنَزَّلَتۡ بِهِ ٱلشَّيَٰطِينُ ﴿٢١٠﴾

210. Futhi akikaze [iKurani] ilethwe ngoShayitani.

وَمَا يَنۢبَغِي لَهُمۡ وَمَا يَسۡتَطِيعُونَ ﴿٢١١﴾

211. Abanalo igunya futhi abasoze bakhona.

إِنَّهُمۡ عَنِ ٱلسَّمۡعِ لَمَعۡزُولُونَ ﴿٢١٢﴾

212. Ngokuba bavinjelwe ukuzwa.

فَلَا تَدۡعُ مَعَ ٱللَّهِ إِلَٰهًا ءَاخَرَ فَتَكُونَ مِنَ ٱلۡمُعَذَّبِينَ ﴿٢١٣﴾

213. Ngakhoke ungakhonzi esinye isikhonzwa ngaphandle kuka Allah funa ube ngomunye wabajeziswayo.

وَأَنذِرۡ عَشِيرَتَكَ ٱلۡأَقۡرَبِينَ ﴿٢١٤﴾

214. Xwayisa umndeni oseduze.

وَٱخۡفِضۡ جَنَاحَكَ لِمَنِ ٱتَّبَعَكَ مِنَ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ ﴿٢١٥﴾

215. Uzithobe kulabo abakulandelayo kwabakholwayo.

فَإِنۡ عَصَوۡكَ فَقُلۡ إِنِّي بَرِيٓءٞ مِّمَّا تَعۡمَلُونَ ﴿٢١٦﴾

216. Uma bengakulaleli, yithi: "Mina angihlangene nalokho enikwenzayo".

وَتَوَكَّلۡ عَلَى ٱلۡعَزِيزِ ٱلرَّحِيمِ ﴿٢١٧﴾

217. Thembela kuSomandla Oneshawu.

ٱلَّذِي يَرَىٰكَ حِينَ تَقُومُ ﴿٢١٨﴾

218. Lona okubonayo lapho usukuma [kuswala].

وَتَقَلُّبَكَ فِي ٱلسَّٰجِدِينَ ﴿٢١٩﴾

219. Nokuphenduka kwakho nabakhothamayo abawa ngobuso.

220. Impela Yena Ungozwayo Owaziyo.

إِنَّهُۥ هُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٢٢٠﴾

221. Ake nginazise ukuthi oShayitani behlela kubani.

هَلْ أُنَبِّئُكُمْ عَلَىٰ مَن تَنَزَّلُ ٱلشَّيَـٰطِينُ ﴿٢٢١﴾

222. Behlela kuwo wonke lowo onamanga oyisonakali.

تَنَزَّلُ عَلَىٰ كُلِّ أَفَّاكٍ أَثِيمٍ ﴿٢٢٢﴾

223. Bayazama ukulalela kepha iningi labo linamanga.

يُلْقُونَ ٱلسَّمْعَ وَأَكْثَرُهُمْ كَـٰذِبُونَ ﴿٢٢٣﴾

224. Futhi izimbongi zilandelwa ngabadukile.

وَٱلشُّعَرَآءُ يَتَّبِعُهُمُ ٱلْغَاوُۥنَ ﴿٢٢٤﴾

225. Awuboni yini ukuthi bayahema kuzo zonke izigodi.

أَلَمْ تَرَ أَنَّهُمْ فِى كُلِّ وَادٍ يَهِيمُونَ ﴿٢٢٥﴾

226. Nokuthi basho lokho abangakwenzi bona.

وَأَنَّهُمْ يَقُولُونَ مَا لَا يَفْعَلُونَ ﴿٢٢٦﴾

227. Ngaphandle kwalabo abakholwayo abenza okulungileyo, nabakhumbula u Allah kakhulu abaziphindiselayo uma kuno kungebulungiswa okwenziwe kubo. Futhi labo abaphambukile bazokwazi maduze nje ukuthi yisiphi isiphetho abayophelela kuso.

إِلَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّـٰلِحَـٰتِ وَذَكَرُوا۟ ٱللَّهَ كَثِيرًا وَٱنتَصَرُوا۟ مِنۢ بَعْدِ مَا ظُلِمُوا۟ ۗ وَسَيَعْلَمُ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوٓا۟ أَىَّ مُنقَلَبٍ يَنقَلِبُونَ ﴿٢٢٧﴾

(27) SURA NAMLU
IZINTUTHWANE

سُورَةُ النَّمۡلِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Twa-Sin; lena imibiko yeKurani neNcwadi ecacisayo.

طسٓۚ تِلۡكَ ءَايَٰتُ ٱلۡقُرۡءَانِ وَكِتَابٖ مُّبِينٖ ١

2. Ukuze ibe umhlahla ndlela nezindaba ezinhle kulabo abakholwayo.

هُدٗى وَبُشۡرَىٰ لِلۡمُؤۡمِنِينَ ٢

3. Labo abaqikelela ukwenza iswala bakhiphe nezakati futhi benesiqiniseko ngelizayo.

ٱلَّذِينَ يُقِيمُونَ ٱلصَّلَوٰةَ وَيُؤۡتُونَ ٱلزَّكَوٰةَ وَهُم بِٱلۡأٓخِرَةِ هُمۡ يُوقِنُونَ ٣

4. Impela labo abangakholelwa kwelizayo; sibakhangisele izenzo zabo ingakho benhlanhlatha.

إِنَّ ٱلَّذِينَ لَا يُؤۡمِنُونَ بِٱلۡأٓخِرَةِ زَيَّنَّا لَهُمۡ أَعۡمَٰلَهُمۡ فَهُمۡ يَعۡمَهُونَ ٤

5. Yibona labo abayothola isijeziso futhi nakwelizayo bangabalahlekelwe.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ لَهُمۡ سُوٓءُ ٱلۡعَذَابِ وَهُمۡ فِي ٱلۡأٓخِرَةِ هُمُ ٱلۡأَخۡسَرُونَ ٥

6. Futhi impela wena [Muhamadi] wembulelwa iKurani ivela koKhaliphile Onolwazi.

وَإِنَّكَ لَتُلَقَّى ٱلۡقُرۡءَانَ مِن لَّدُنۡ حَكِيمٍ عَلِيمٍ ٦

7. Landisa ngamhla uMusa ethi kumndeni wakhe: "Ngibone umlilo, ngizonilethela ulwazi noma nginilethele isikhuni esivuthayo ukuze nani nothe".

إِذۡ قَالَ مُوسَىٰ لِأَهۡلِهِۦٓ إِنِّيٓ ءَانَسۡتُ نَارٗا سَـَٔاتِيكُم مِّنۡهَا بِخَبَرٍ أَوۡ ءَاتِيكُم بِشِهَابٖ قَبَسٖ لَّعَلَّكُمۡ تَصۡطَلُونَ ٧

فَلَمَّا جَآءَهَا نُودِيَ أَنۢ بُورِكَ مَن فِي
ٱلنَّارِ وَمَنْ حَوْلَهَا وَسُبْحَٰنَ ٱللَّهِ رَبِّ
ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٨﴾

8. Kuthe lapho efika kuwo kwamenyezwa, kwathiwa: "Ubusisiwe osemlilweni nalowo oseduze nawo futhi makangcweliswe u Allah iNkosi yendalo yonke".

يَٰمُوسَىٰٓ إِنَّهُۥٓ أَنَا ٱللَّهُ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٩﴾

9. Musa, impela Mina ngingu Allah onguSomandla Okhaliphile.

وَأَلْقِ عَصَاكَ ۚ فَلَمَّا رَءَاهَا تَهْتَزُّ كَأَنَّهَا
جَآنٌّ وَلَّىٰ مُدْبِرًا وَلَمْ يُعَقِّبْ ۚ يَٰمُوسَىٰ لَا
تَخَفْ إِنِّي لَا يَخَافُ لَدَيَّ ٱلْمُرْسَلُونَ ﴿١٠﴾

10. Phonsa phansi induku yakho. Kuthe lapho eyibona inyakaza okwenyoka, wateta izithende wangabheki emuva. Musa ungesabi, ngokuba izithunywa azesabi Kimi.

إِلَّا مَن ظَلَمَ ثُمَّ بَدَّلَ حُسْنًۢا بَعْدَ سُوٓءٍ
فَإِنِّي غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١١﴾

11. Ngaphandle kwalowo owenza impambuko bese enza okuhle emuva kokubi; impela Mina nginguMthetheleli Onesihawu.

وَأَدْخِلْ يَدَكَ فِي جَيْبِكَ تَخْرُجْ بَيْضَآءَ
مِنْ غَيْرِ سُوٓءٍ ۖ فِي تِسْعِ ءَايَٰتٍ إِلَىٰ فِرْعَوْنَ
وَقَوْمِهِۦٓ ۚ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ قَوْمًا فَٰسِقِينَ ﴿١٢﴾

12. Faka isandla sakho ohlangothini lwakho, siyophuma simhlophe singenasifo. Esinye sezibonakaliso eziyisishagalolunye kuFirawuni nesizwe sakhe. Impela bangabantu abayiziphula mthetho.

فَلَمَّا جَآءَتْهُمْ ءَايَٰتُنَا مُبْصِرَةً قَالُوا۟ هَٰذَا
سِحْرٌ مُّبِينٌ ﴿١٣﴾

13. Kuthe labo izibonakaliso zeThu zifika kubo zibakhanyisela bathi: "lobu ubulumbi obusobala".

وَجَحَدُوا۟ بِهَا وَٱسْتَيْقَنَتْهَآ أَنفُسُهُمْ
ظُلْمًا وَعُلُوًّا ۚ فَٱنظُرْ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ
ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿١٤﴾

14. Baziphika ngokungekho ubulungiswa nokuzigqaja, kepha izinhliziyo zabo zazinesiqiniseko ngazo. Awubheke ukuthi saba njani isiphetho salabo abaphula umthetho.

15. Futhi sanika uDawudi noSulayimani ulwazi, base bathi: "Lonke udumo ngoluka Allah lona osibusisile kuneningi lezigqila zaKhe ezikholwayo".

وَلَقَدْ ءَاتَيْنَا دَاوُۥدَ وَسُلَيْمَٰنَ عِلْمًا ۖ وَقَالَا ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ ٱلَّذِى فَضَّلَنَا عَلَىٰ كَثِيرٍ مِّنْ عِبَادِهِ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٥﴾

16. uSulayimani walandela uDawudi [ngobuthunywa nangolwazi nobukhosi]; wathi: "Bakwethu, thina sifundiswe ulwimi lwezinyoni futhi saphiwa kuyo yonke into. Impela lokhu umusa osobala".

وَوَرِثَ سُلَيْمَٰنُ دَاوُۥدَ ۖ وَقَالَ يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ عُلِّمْنَا مَنطِقَ ٱلطَّيْرِ وَأُوتِينَا مِن كُلِّ شَىْءٍ ۖ إِنَّ هَٰذَا لَهُوَ ٱلْفَضْلُ ٱلْمُبِينُ ﴿١٦﴾

17. uSulayimani wanuthelwa ibutho lakhe elifaka phakathi amajini nabantu nezinyoni futhi lalinabakhuzi.

وَحُشِرَ لِسُلَيْمَٰنَ جُنُودُهُۥ مِنَ ٱلْجِنِّ وَٱلْإِنسِ وَٱلطَّيْرِ فَهُمْ يُوزَعُونَ ﴿١٧﴾

18. Kuthe lapho befika esigodini sezintuthwane, yathi intuthwane: "Zintuthwane ngenani ezindlini zenu ningaze ninyathelwe nguSulayimani nebutho lakhe kulapho bengaboni".

حَتَّىٰٓ إِذَآ أَتَوْا۟ عَلَىٰ وَادِ ٱلنَّمْلِ قَالَتْ نَمْلَةٌ يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّمْلُ ٱدْخُلُوا۟ مَسَٰكِنَكُمْ لَا يَحْطِمَنَّكُمْ سُلَيْمَٰنُ وَجُنُودُهُۥ وَهُمْ لَا يَشْعُرُونَ ﴿١٨﴾

19. Wamamatheka ehleka [uSulayimani] inkulumo yayo [intuthwane], wabe esethi: "Nkosi yami ngiphe amandla okubonga isibusiso saKho lesi ongibusiswe ngaso mina nabazali bami nokuthi ngenze okulungileyo okukujabulisayo bese ngomusa waKho ungihlanganise [kwelizayo] nezigqila zaKho eziqotho.

فَتَبَسَّمَ ضَاحِكًا مِّن قَوْلِهَا وَقَالَ رَبِّ أَوْزِعْنِىٓ أَنْ أَشْكُرَ نِعْمَتَكَ ٱلَّتِىٓ أَنْعَمْتَ عَلَىَّ وَعَلَىٰ وَٰلِدَىَّ وَأَنْ أَعْمَلَ صَٰلِحًا تَرْضَىٰهُ وَأَدْخِلْنِى بِرَحْمَتِكَ فِى عِبَادِكَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿١٩﴾

وَتَفَقَّدَ ٱلطَّيْرَ فَقَالَ مَالِيَ لَآ أَرَى ٱلْهُدْهُدَ أَمْ كَانَ مِنَ ٱلْغَآئِبِينَ ﴿٢٠﴾

20. Wahlola izinyoni wabe esethi: "Kungani ngingamboni uzinengweni kumbe akekho".

لَأُعَذِّبَنَّهُۥ عَذَابًا شَدِيدًا أَوْ لَأَا۟ذْبَحَنَّهُۥٓ أَوْ لَيَأْتِيَنِّى بِسُلْطَٰنٍ مُّبِينٍ ﴿٢١﴾

21. Impela ngizomjezisa ngesijeziso esinzima noma ngimnqume nomake angilethele ubufakazi obucacile.

فَمَكَثَ غَيْرَ بَعِيدٍ فَقَالَ أَحَطتُ بِمَا لَمْ تُحِطْ بِهِۦ وَجِئْتُكَ مِن سَبَإٍۭ بِنَبَإٍ يَقِينٍ ﴿٢٢﴾

22. Akupholanga maseko [watheleka uzinengweni], wathi: "Ngithole lokhu ongakakutholi, ngifika kuwe nje ngiphuma eSaba' ngiphethe ulwazi oluqiniseki".

إِنِّى وَجَدتُّ ٱمْرَأَةً تَمْلِكُهُمْ وَأُوتِيَتْ مِن كُلِّ شَىْءٍ وَلَهَا عَرْشٌ عَظِيمٌ ﴿٢٣﴾

23. Ngithole umfazi ebabusa futhi uphiwe kukho konke [ucenile] belu unesihlalo esikhulu.

وَجَدتُّهَا وَقَوْمَهَا يَسْجُدُونَ لِلشَّمْسِ مِن دُونِ ٱللَّهِ وَزَيَّنَ لَهُمُ ٱلشَّيْطَٰنُ أَعْمَٰلَهُمْ فَصَدَّهُمْ عَنِ ٱلسَّبِيلِ فَهُمْ لَا يَهْتَدُونَ ﴿٢٤﴾

24. Ngimthole yena nesiswe sakhe bekhothamela ilanga ngaphandle kuka Allah futhi uShayitani ubenzele zinhle izenzo zabo, ngalokho wabavimba ekubeni sendleleni eqondile ukuze bangaphinde babe sendleleni eqondile.

أَلَّا يَسْجُدُوا۟ لِلَّهِ ٱلَّذِى يُخْرِجُ ٱلْخَبْءَ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَيَعْلَمُ مَا تُخْفُونَ وَمَا تُعْلِنُونَ ﴿٢٥﴾

25. Ukuze bangakhothameli u Allah bawe ngobu, Lona okhipha isundu emazulwini nasemhlabeni futhi wazi konke enikufihlayo nalokho enikuvela obala.

ٱللَّهُ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ رَبُّ ٱلْعَرْشِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٢٦﴾

26. U Allah, akekho omunye okufanele akhonzwe ngaphandle kwaKhe; iNkosi yeSihlalo Esikhulu.

27. Wathi [uSulayimani]: "Sizobona ukuthi uqinisile yini noma unamanga".

* قَالَ سَنَنظُرُ أَصَدَقْتَ أَمْ كُنتَ مِنَ ٱلْكَٰذِبِينَ ﴿٢٧﴾

28. Hamba nalencwadi yami ufike ubaphonsele yona bese usuka kubo, ubheke ukuthi baphuma naliphi.

ٱذْهَب بِّكِتَٰبِى هَٰذَا فَأَلْقِهْ إِلَيْهِمْ ثُمَّ تَوَلَّ عَنْهُمْ فَٱنظُرْ مَاذَا يَرْجِعُونَ ﴿٢٨﴾

29. Wathi [umfazi obusayo]: "Zikhulu, ngiphonsele incwadi ehloniphekile".

قَالَتْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلْمَلَؤُا۟ إِنِّىٓ أُلْقِىَ إِلَىَّ كِتَٰبٌ كَرِيمٌ ﴿٢٩﴾

30. Ivela kuSulayimani, yithi: "Egameni lika Allah Onomusa Onesihawu..."

إِنَّهُۥ مِن سُلَيْمَٰنَ وَإِنَّهُۥ بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ ﴿٣٠﴾

31. Ungaziqhakambisi kimi, futhi wozani kimi seningamaMusilimu [abazinikele entandweni ka Mdali].

أَلَّا تَعْلُوا۟ عَلَىَّ وَأْتُونِى مُسْلِمِينَ ﴿٣١﴾

32. Wathi [umfazi obusayo]: "Nina zikhulu, ngelulekeni kulolu daba lwami, belu angikaze ngithathe isinqumo ningakangibonisi.

قَالَتْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلْمَلَؤُا۟ أَفْتُونِى فِىٓ أَمْرِى مَا كُنتُ قَاطِعَةً أَمْرًا حَتَّىٰ تَشْهَدُونِ ﴿٣٢﴾

33. Zathi: "Thina sihlome ngokuphelele futhi nempi siyilwa kanzima, kepha sinqumo ngesakho, ngakhoke bona ukuthi uyalela ngani".

قَالُوا۟ نَحْنُ أُو۟لُوا۟ قُوَّةٍ وَأُو۟لُوا۟ بَأْسٍ شَدِيدٍ وَٱلْأَمْرُ إِلَيْكِ فَٱنظُرِى مَاذَا تَأْمُرِينَ ﴿٣٣﴾

34. Wathi: "Impela amakhosi uma engena [ehlasela] isizwe bayasonakalisa; bahlaze izikhulu zaso; into ahla eyenza".

قَالَتْ إِنَّ ٱلْمُلُوكَ إِذَا دَخَلُوا۟ قَرْيَةً أَفْسَدُوهَا وَجَعَلُوٓا۟ أَعِزَّةَ أَهْلِهَآ أَذِلَّةً ۖ وَكَذَٰلِكَ يَفْعَلُونَ ﴿٣٤﴾

35. Mina ngizothumela kubo isipho, bese ngibona ukuthi zibuya naliphi izigijimi.

وَإِنِّى مُرْسِلَةٌ إِلَيْهِم بِهَدِيَّةٍ فَنَاظِرَةٌۢ بِمَ يَرْجِعُ ٱلْمُرْسَلُونَ ﴿٣٥﴾

فَلَمَّا جَآءَ سُلَيۡمَٰنَ قَالَ أَتُمِدُّونَنِ بِمَالٖ فَمَآ ءَاتَىٰنِۦَ ٱللَّهُ خَيۡرٞ مِّمَّآ ءَاتَىٰكُمۖ بَلۡ أَنتُم بِهَدِيَّتِكُمۡ تَفۡرَحُونَ ٣٦

36. Kuthe uma sesifikile [isigijimi] kuSulayimani wathi: "Nifuna ukungandisela umcebo na? Lokhu engikunikwe ngu Allah kungcono kakhulu ukudlula lokhu aniphe kona; empeleni nin nijatshuliswa yilezipho zenu".

ٱرۡجِعۡ إِلَيۡهِمۡ فَلَنَأۡتِيَنَّهُم بِجُنُودٖ لَّا قِبَلَ لَهُم بِهَا وَلَنُخۡرِجَنَّهُم مِّنۡهَآ أَذِلَّةٗ وَهُمۡ صَٰغِرُونَ ٣٧

37. Buyela emuva kubo. Impela sizogasela kubo ngebutho abangasoze balimela bese sibakhipha kuyo [iSaba'] behlazekile bedicilelekile.

قَالَ يَٰٓأَيُّهَا ٱلۡمَلَؤُاْ أَيُّكُمۡ يَأۡتِينِي بِعَرۡشِهَا قَبۡلَ أَن يَأۡتُونِي مُسۡلِمِينَ ٣٨

38. Wathi [uSulayimani]: "Bandla, ngubani kini ongangilethela isihlalo sakhe ngaphambi kokuthi bafike kimi sebengama Musilimu".

قَالَ عِفۡرِيتٞ مِّنَ ٱلۡجِنِّ أَنَا۠ ءَاتِيكَ بِهِۦ قَبۡلَ أَن تَقُومَ مِن مَّقَامِكَۖ وَإِنِّي عَلَيۡهِ لَقَوِيٌّ أَمِينٞ ٣٩

39. Sathi isigwebedla sejini: "Mina ngingakulethela sona ungakasukumi endaweni yakho, futhi nginamandla alokho ngithembekile".

قَالَ ٱلَّذِي عِندَهُۥ عِلۡمٞ مِّنَ ٱلۡكِتَٰبِ أَنَا۠ ءَاتِيكَ بِهِۦ قَبۡلَ أَن يَرۡتَدَّ إِلَيۡكَ طَرۡفُكَۚ فَلَمَّا رَءَاهُ مُسۡتَقِرًّا عِندَهُۥ قَالَ هَٰذَا مِن فَضۡلِ رَبِّي لِيَبۡلُوَنِيٓ ءَأَشۡكُرُ أَمۡ أَكۡفُرُۖ وَمَن شَكَرَ فَإِنَّمَا يَشۡكُرُ لِنَفۡسِهِۦۖ وَمَن كَفَرَ فَإِنَّ رَبِّي غَنِيٌّ كَرِيمٞ ٤٠

40. Lona onolwazi lweNcwadi wathi: "Mina ngingakulethele sona ungakacwayizi". Kuthe uma esibona sihleli phambi kwakhe wathi: "Lokhu umusa weNkosi yami; ufuna ukungivivinya ukuba ngizobonga noma ngeke ngibonge. Belu lowo obongayo, uzibongela yena uqobo futhi lowo ongabongi; impela iNkosi yami Ingezimele Ephayo".

قَالَ نَكِّرُواْ لَهَا عَرْشَهَا نَنظُرْ أَتَهْتَدِيٓ أَمْ تَكُونُ مِنَ ٱلَّذِينَ لَا يَهْتَدُونَ ﴿٤١﴾

41. Wathi: "Yenzani izinguquko esihlalweni sakhe, sibheke ukuthi uzokhanyelwa yini noma uyoba ngomunye walabo abangeke bakhanyelwa.

فَلَمَّا جَآءَتْ قِيلَ أَهَٰكَذَا عَرْشُكِۖ قَالَتْ كَأَنَّهُۥ هُوَۚ وَأُوتِينَا ٱلْعِلْمَ مِن قَبْلِهَا وَكُنَّا مُسْلِمِينَ ﴿٤٢﴾

42. Kuthe lapho efika kwathiwa: "ingabe sinje isihlalo sakho na?" Wathi: "Ngathi yiso". [uSulayimani wathi]:"Sanikwa ulwazi ngaphambi kwakhe futhi besi ngamaMusilimu".

وَصَدَّهَا مَا كَانَت تَّعْبُدُ مِن دُونِ ٱللَّهِۖ إِنَّهَا كَانَتْ مِن قَوْمٍ كَٰفِرِينَ ﴿٤٣﴾

43. Lokhu ayekukhonza ngaphandle kuka Allah yikona okwamvimba [ekukholweni]. Impela wabe engomunye wabantu abangakholwa.

قِيلَ لَهَا ٱدْخُلِي ٱلصَّرْحَۖ فَلَمَّا رَأَتْهُ حَسِبَتْهُ لُجَّةً وَكَشَفَتْ عَن سَاقَيْهَاۚ قَالَ إِنَّهُۥ صَرْحٌ مُّمَرَّدٌ مِّن قَوَارِيرَۗ قَالَتْ رَبِّ إِنِّي ظَلَمْتُ نَفْسِي وَأَسْلَمْتُ مَعَ سُلَيْمَٰنَ لِلَّهِ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٤٤﴾

44. Kwathiwa kuye: "Ngena enqabeni ewumbhoshongo". Kethu uma eyibona wacabanga ukuthi indawo enamanzi wase wakhwica kwavele imilenze yakhe. Wathi [uSulayimani]: "Lena inqaba eyakhiwe ngengilazi [okungathi inamanzi]". Wathi: "Nkosi yami impela bengiphambukile, manje ngiyazinikela Kanye noSulayimani eNkosini yendalo yonke".

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَآ إِلَىٰ ثَمُودَ أَخَاهُمْ صَٰلِحًا أَنِ ٱعْبُدُواْ ٱللَّهَ فَإِذَا هُمْ فَرِيقَانِ يَخْتَصِمُونَ ﴿٤٥﴾

45. Futhi sathumela esizweni sakwa Tamudi umfowabo uSwalihi, ukuba athi: "Khonzani u Allah"; kepha baba ngamaqembu amabili bephikisana.

46. Wathi [uSwalihi]: "Bantu bakithi, kungani nijahela okubi ngaphambi kokuhle na? Kungani ningaceli intethelelo ku Allah ukuze nihawukelwe na?"

قَالَ يَٰقَوۡمِ لِمَ تَسۡتَعۡجِلُونَ بِٱلسَّيِّئَةِ قَبۡلَ ٱلۡحَسَنَةِۖ لَوۡلَا تَسۡتَغۡفِرُونَ ٱللَّهَ لَعَلَّكُمۡ تُرۡحَمُونَ ٤٦

47. Bathi: "Sikubona usilethela amashwa wena nalabo abanawe". Wathi: "Amashwa enu aku Allah; kepha nina ningabantu abavivinywayo".

قَالُواْ ٱطَّيَّرۡنَا بِكَ وَبِمَن مَّعَكَۚ قَالَ طَٰٓئِرُكُمۡ عِندَ ٱللَّهِۖ بَلۡ أَنتُمۡ قَوۡمٞ تُفۡتَنُونَ ٤٧

48. Futhi kwakunabantu abayisishagalolunye endaweni abonakele futhi abengenzi okulungileyo.

وَكَانَ فِي ٱلۡمَدِينَةِ تِسۡعَةُ رَهۡطٖ يُفۡسِدُونَ فِي ٱلۡأَرۡضِ وَلَا يُصۡلِحُونَ ٤٨

49. Bathi: "Fungani ngo Allah ukuthi sizomhlasela ebusuku nomndeni wakhe, bese sithi kwabakubo asikubona ukufa komndeni wakhe futhi siqinisile".

قَالُواْ تَقَٰسَمُواْ بِٱللَّهِ لَنُبَيِّتَنَّهُۥ وَأَهۡلَهُۥ ثُمَّ لَنَقُولَنَّ لِوَلِيِّهِۦ مَا شَهِدۡنَا مَهۡلِكَ أَهۡلِهِۦ وَإِنَّا لَصَٰدِقُونَ ٤٩

50. Bakha itulo Nathi sahlela esikuhlelayo kulapho bona bengazi.

وَمَكَرُواْ مَكۡرٗا وَمَكَرۡنَا مَكۡرٗا وَهُمۡ لَا يَشۡعُرُونَ ٥٠

51. Awubheke nje ukuthi sabanjani isiphetho setulo labo; sababhubhisa bonke bona kanye nesizwe sabo.

فَٱنظُرۡ كَيۡفَ كَانَ عَٰقِبَةُ مَكۡرِهِمۡ أَنَّا دَمَّرۡنَٰهُمۡ وَقَوۡمَهُمۡ أَجۡمَعِينَ ٥١

52. Naziya izindlu zabo zidilikile ngenxa yokuphambuka kwabo. Impela kulokho kunesifundo kubantu abanolwazi.

فَتِلۡكَ بُيُوتُهُمۡ خَاوِيَةَۢ بِمَا ظَلَمُوٓاْۗ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَةٗ لِّقَوۡمٖ يَعۡلَمُونَ ٥٢

53. Sabahlenga labo ababekholwa futhi bethobela u Allah.

وَأَنجَيۡنَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَكَانُواْ يَتَّقُونَ ٥٣

54. Futhi balandise ngoLuti, mhla ethi kubantu bakhe: "Nenza amanyala nibhekile na?"

وَلُوطًا إِذْ قَالَ لِقَوْمِهِۦٓ أَتَأْتُونَ ٱلْفَٰحِشَةَ وَأَنتُمْ تُبْصِرُونَ ﴿٥٤﴾

55. Nikhanuka amadoda niyeke abafazi! Impela ningabantu abayiziwula.

أَئِنَّكُمْ لَتَأْتُونَ ٱلرِّجَالَ شَهْوَةً مِّن دُونِ ٱلنِّسَآءِ ۚ بَلْ أَنتُمْ قَوْمٌ تَجْهَلُونَ ﴿٥٥﴾

56. Impendulo yabantu bakhe kwavana ukuthi bathi: "Baxosheni abakwa Luti endaweni yenu; impela bangabantu abazenza ngcono".

۞ فَمَا كَانَ جَوَابَ قَوْمِهِۦٓ إِلَّآ أَن قَالُوٓا۟ أَخْرِجُوٓا۟ ءَالَ لُوطٍ مِّن قَرْيَتِكُمْ ۖ إِنَّهُمْ أُنَاسٌ يَتَطَهَّرُونَ ﴿٥٦﴾

57. Kepha samhlenga yena nomndeni wakhe ngaphandle komkakhe, sanquma ukuthi uyokubo omunye wababhubhayo.

فَأَنجَيْنَٰهُ وَأَهْلَهُۥٓ إِلَّا ٱمْرَأَتَهُۥ قَدَّرْنَٰهَا مِنَ ٱلْغَٰبِرِينَ ﴿٥٧﴾

58. Sabehlisela imvula [yamatshe]; yaze yayimbi imvula yalabo abaxwayiswa.

وَأَمْطَرْنَا عَلَيْهِم مَّطَرًا ۖ فَسَآءَ مَطَرُ ٱلْمُنذَرِينَ ﴿٥٨﴾

59. Yithi: "Lonke udumo ngoluka Allah, futhi ukuthula makube ezigqileni zaKhe lezi aziqokile. Ingabe ngu Allah ongcono noma lokho abakubhangqayo na?"

قُلِ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ وَسَلَٰمٌ عَلَىٰ عِبَادِهِ ٱلَّذِينَ ٱصْطَفَىٰٓ ۗ ءَآللَّهُ خَيْرٌ أَمَّا يُشْرِكُونَ ﴿٥٩﴾

60. Kumbe lowo owadala amazulu nomhlaba wanehlisela amanzi emvula, wabe esenihlumisela izivande ezinhle, nina ebeningeke nikwazi ngisho ukuhlumisa esisodwa isihlahla sayo. Ingabe-ke kukhona yini esinye isikhonzwa esikanye no Allah na? Empeleni nina ningabantu abafanisayo.

أَمَّنْ خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ وَأَنزَلَ لَكُم مِّنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَأَنۢبَتْنَا بِهِۦ حَدَآئِقَ ذَاتَ بَهْجَةٍ مَّا كَانَ لَكُمْ أَن تُنۢبِتُوا۟ شَجَرَهَآ ۗ أَءِلَٰهٌ مَّعَ ٱللَّهِ ۚ بَلْ هُمْ قَوْمٌ يَعْدِلُونَ ﴿٦٠﴾

أَمَّن جَعَلَ ٱلْأَرْضَ قَرَارًا وَجَعَلَ خِلَٰلَهَآ
أَنْهَٰرًا وَجَعَلَ لَهَا رَوَٰسِيَ وَجَعَلَ بَيْنَ
ٱلْبَحْرَيْنِ حَاجِزًا ۗ أَءِلَٰهٌ مَّعَ ٱللَّهِ ۚ بَلْ
أَكْثَرُهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٦١﴾

61. Kumbe lowo owenze umhlaba wazinza wadala phakathi kwawo imifula, wawufakela nezikhonkwane [izintaba] futhi bafaka nesisitho phakathi kwezilwandle.Ingabe-ke kukhona yini esinye isikhonzwa esikanye no Allah na? Empeleni iningi labo alinalwazi.

أَمَّن يُجِيبُ ٱلْمُضْطَرَّ إِذَا دَعَاهُ
وَيَكْشِفُ ٱلسُّوٓءَ وَيَجْعَلُكُمْ
خُلَفَآءَ ٱلْأَرْضِ ۗ أَءِلَٰهٌ مَّعَ ٱللَّهِ ۚ قَلِيلًا مَّا
تَذَكَّرُونَ ﴿٦٢﴾

62. Kumbe lowo ophendula lowo osebunzimeni lapho ekhuleka kuYe asuse ubunzima futhi onenze naba ngabalandeli emhlabeni [balabo abanandulelayo]. Ingabe-ke kukhona yini esinye isikhonzwa esikanye no Allah na? Kuncane enikulalelayo.

أَمَّن يَهْدِيكُمْ فِى ظُلُمَٰتِ ٱلْبَرِّ وَٱلْبَحْرِ
وَمَن يُرْسِلُ ٱلرِّيَٰحَ بُشْرًۢا بَيْنَ يَدَىْ
رَحْمَتِهِۦٓ ۗ أَءِلَٰهٌ مَّعَ ٱللَّهِ ۚ تَعَٰلَى ٱللَّهُ عَمَّا
يُشْرِكُونَ ﴿٦٣﴾

63. Kumbe lowo oniholayo ebumnyameni basezweni nasolwandle, lowo ophinde athumele imimoya eyethula izindaba ezinhle ngaphambi kokufika komusa waKhe [imvula]. Ingabe-ke kukhona yini esinye isikhonzwa esikanye no Allah na? Uphakeme u Allah kunalokho abakubhangqayo.

أَمَّن يَبْدَؤُا۟ ٱلْخَلْقَ ثُمَّ يُعِيدُهُۥ وَمَن
يَرْزُقُكُم مِّنَ ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ ۗ أَءِلَٰهٌ
مَّعَ ٱللَّهِ ۚ قُلْ هَاتُوا۟ بُرْهَٰنَكُمْ إِن كُنتُمْ
صَٰدِقِينَ ﴿٦٤﴾

64. Kumbe lowo okususa phansi ukudala aphinde futhi akuvuse, lowo ophinde anondle ngokuvela ezulwini nasemhlabeni. Ingabe-ke kukhona yini esinye isikhonzwa esikanye no Allah na? Yithi: "Lethani ubufakazi benu uma ngempela niqinisile".

قُل لَّا يَعۡلَمُ مَن فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِ ٱلۡغَيۡبَ إِلَّا ٱللَّهُۚ وَمَا يَشۡعُرُونَ أَيَّانَ يُبۡعَثُونَ ٦٥

65. Yithi: "Akekho osemazulwini nasemhlabeni owazi okungabonwayo ngaphandle kuka Allah, futhi abazi ukuthi bayovuswa nini".

بَلِ ٱدَّٰرَكَ عِلۡمُهُمۡ فِي ٱلۡأٓخِرَةِۚ بَلۡ هُمۡ فِي شَكّٖ مِّنۡهَاۖ بَلۡ هُم مِّنۡهَا عَمُونَ ٦٦

66. Kepha ulwazi lwabo luyophelela kwelizayo. Kepha [manje] bayalingabaza. Empeleni abaliboni [ikwelizayo].

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓاْ أَءِذَا كُنَّا تُرَٰبًا وَءَابَآؤُنَآ أَئِنَّا لَمُخۡرَجُونَ ٦٧

67. Laba abangakholwa bathi: "Kuyothi lapho sesiyinhlabathi kanye nokhokho bethu bese siphinda sivuswa?"

لَقَدۡ وُعِدۡنَا هَٰذَا نَحۡنُ وَءَابَآؤُنَا مِن قَبۡلُ إِنۡ هَٰذَآ إِلَّآ أَسَٰطِيرُ ٱلۡأَوَّلِينَ ٦٨

68. Impela kade sasithenjiswa lokhu thina nokhokho bethu ngaphambi kwalokhu; impela lokhu izinganekwane zasendulo kuphela.

قُلۡ سِيرُواْ فِي ٱلۡأَرۡضِ فَٱنظُرُواْ كَيۡفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلۡمُجۡرِمِينَ ٦٩

69. Yithi: "Hambani emhlabeni, bese nibheka ukuthi saba njani isiphetho seziphula mthetho".

وَلَا تَحۡزَنۡ عَلَيۡهِمۡ وَلَا تَكُن فِي ضَيۡقٖ مِّمَّا يَمۡكُرُونَ ٧٠

70. Ungakhathazeki ngabo futhi ungaphatheki kabi ngamatulo abawakhayo.

وَيَقُولُونَ مَتَىٰ هَٰذَا ٱلۡوَعۡدُ إِن كُنتُمۡ صَٰدِقِينَ ٧١

71. Futhi bathi: "Kanti siyofika nini lesi sithembiso uma ngempela niqinisile".

قُلۡ عَسَىٰٓ أَن يَكُونَ رَدِفَ لَكُم بَعۡضُ ٱلَّذِي تَسۡتَعۡجِلُونَ ٧٢

72. Yithi: "Kungenzeka ukuthi sekuseduze lokhu enikujahile".

وَإِنَّ رَبَّكَ لَذُو فَضۡلٍ عَلَى ٱلنَّاسِ وَلَٰكِنَّ أَكۡثَرَهُمۡ لَا يَشۡكُرُونَ ٧٣

73. Futhi iNkosi yakho inomusa kusintu impela, kepha iningi labo alibongi.

74. Futhi iNkosi yakho ikwazi kahle impela okufihlwe izinhliziyo zabo nalokho abakukhipha obala.

وَإِنَّ رَبَّكَ لَيَعْلَمُ مَا تُكِنُّ صُدُورُهُمْ وَمَا يُعْلِنُونَ ﴿٧٤﴾

75. Akukho nokukodwa okungabonwayo ezulwini nasemhlabeni okungaqoshiwe eNcwadini Ecacisayo [Uqwembe Olulondiwe].

وَمَا مِنْ غَآئِبَةٍ فِي ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ إِلَّا فِي كِتَٰبٍ مُّبِينٍ ﴿٧٥﴾

76. Impela leKurani ilandisela abakwa Isirayeli okuningi kwalokho abaphikisana ngakho.

إِنَّ هَٰذَا ٱلْقُرْءَانَ يَقُصُّ عَلَىٰ بَنِيٓ إِسْرَٰٓءِيلَ أَكْثَرَ ٱلَّذِي هُمْ فِيهِ يَخْتَلِفُونَ ﴿٧٦﴾

77. Futhi iwumhlahlandlela nomusa kubakholwayo.

وَإِنَّهُۥ لَهُدًى وَرَحْمَةٌ لِّلْمُؤْمِنِينَ ﴿٧٧﴾

78. Impela iNKosi yakho iyokwehlulela phakathi kwabo ngomthetho waKhe. Futhi unguSomandla Owaziyo.

إِنَّ رَبَّكَ يَقْضِي بَيْنَهُم بِحُكْمِهِۦ ۚ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٧٨﴾

79. Ngakhoke thembela ku Allah, ngokuba useqinisweni elisobala.

فَتَوَكَّلْ عَلَى ٱللَّهِ ۖ إِنَّكَ عَلَى ٱلْحَقِّ ٱلْمُبِينِ ﴿٧٩﴾

80. Impela wena [Muhamadi] awusoze wenza abafileyo bakwazi ukuzwa futhi angeke wakwazi ukwenza isimumu sizwe isimemo lapho sefulathela sishaya indiva.

إِنَّكَ لَا تُسْمِعُ ٱلْمَوْتَىٰ وَلَا تُسْمِعُ ٱلصُّمَّ ٱلدُّعَآءَ إِذَا وَلَّوْا۟ مُدْبِرِينَ ﴿٨٠﴾

81. Futhi angeke uhole izimpumputhe uzikhiphe ebumnyameni bazo. Uyokhona kuphela ukwenza bakuzwe labo abakholwa yimibiko yeThu bebe bengaMamusilimu.

وَمَآ أَنتَ بِهَٰدِ ٱلْعُمْىِ عَن ضَلَٰلَتِهِمْ ۖ إِن تُسْمِعُ إِلَّا مَن يُؤْمِنُ بِـَٔايَٰتِنَا فَهُم مُّسْلِمُونَ ﴿٨١﴾

82. Uma isinqumo sesehlela kubo, siyobakhiphela isilwane emhlabeni esiyobatshela ukuthi abantu babe ngenasiqiniseko ngemibiko yeThu.

* وَإِذَا وَقَعَ ٱلْقَوْلُ عَلَيْهِمْ أَخْرَجْنَا لَهُمْ دَآبَّةً مِّنَ ٱلْأَرْضِ تُكَلِّمُهُمْ أَنَّ ٱلنَّاسَ كَانُوا۟ بِـَٔايَـٰتِنَا لَا يُوقِنُونَ ﴿٨٢﴾

83. Futhi ngosuku lapho siyobabuthanisa amaqembu ngamaqembu kuzo zonke izizwe, alabo ababephika imibiko yeThu bese bayaqhutshwa.

وَيَوْمَ نَحْشُرُ مِن كُلِّ أُمَّةٍ فَوْجًا مِّمَّن يُكَذِّبُ بِـَٔايَـٰتِنَا فَهُمْ يُوزَعُونَ ﴿٨٣﴾

84. Kuthi lapho sebefika, athi [u Allah]: "Niphike imibiko yaMi ningenalwazi ngayo na, kanti yini lokhu ebenikwenza na?"

حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءُو قَالَ أَكَذَّبْتُم بِـَٔايَـٰتِى وَلَمْ تُحِيطُوا۟ بِهَا عِلْمًا أَمَّاذَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٨٤﴾

85. Isinqumo [sesijeziso] siyobe sesehlela phezu kwabo ngenxa yempambuko yabo futhi abayikukhuluma.

وَوَقَعَ ٱلْقَوْلُ عَلَيْهِم بِمَا ظَلَمُوا۟ فَهُمْ لَا يَنطِقُونَ ﴿٨٥﴾

86. Ababonanga yini ukuthi senze ubusuku ukuba baphumule kubo nemini ukuba babone. Impela kulokho kunezibonakaliso kubantu abakholwayo.

أَلَمْ يَرَوْا۟ أَنَّا جَعَلْنَا ٱلَّيْلَ لِيَسْكُنُوا۟ فِيهِ وَٱلنَّهَارَ مُبْصِرًا ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَـَٔايَـٰتٍ لِّقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٨٦﴾

87. Futhi ngosuku lapho kuyoshaywa icilongo; bonke abasemazulwini nasemhlabeni bayokwethuka ngaphandle kwalabo abathandwa ngu Allah. Futhi bonke bayoza kuYe [u Allah] bedixilelekile.

وَيَوْمَ يُنفَخُ فِى ٱلصُّورِ فَفَزِعَ مَن فِى ٱلسَّمَـٰوَٰتِ وَمَن فِى ٱلْأَرْضِ إِلَّا مَن شَآءَ ٱللَّهُ ۚ وَكُلٌّ أَتَوْهُ دَٰخِرِينَ ﴿٨٧﴾

وَتَرَى ٱلْجِبَالَ تَحْسَبُهَا جَامِدَةً وَهِىَ تَمُرُّ مَرَّ ٱلسَّحَابِ ۚ صُنْعَ ٱللَّهِ ٱلَّذِىٓ أَتْقَنَ كُلَّ شَىْءٍ ۚ إِنَّهُۥ خَبِيرٌۢ بِمَا تَفْعَلُونَ ﴿٨٨﴾

88. Uyothi uma ubona izintaba ucabange ukuthi zimile kanti sesihambisa okwamafu. Lokhu ukwenza kuka Allah Lona oyingcweti kuyo yonke into. Impela Yena Unolwazi ngalokho enikwenzayo.

مَن جَآءَ بِٱلْحَسَنَةِ فَلَهُۥ خَيْرٌ مِّنْهَا وَهُم مِّن فَزَعٍ يَوْمَئِذٍ ءَامِنُونَ ﴿٨٩﴾

89. Lowo owenza okuhle uyothola okungcono ukudlula lokho futhi bayophepha ekwesabeni kalolo Suku.

وَمَن جَآءَ بِٱلسَّيِّئَةِ فَكُبَّتْ وُجُوهُهُمْ فِى ٱلنَّارِ هَلْ تُجْزَوْنَ إِلَّا مَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٩٠﴾

90. Futhi lowo owenza okubi, ubuso babo buyontshingelwa emlilweni. Niyojeziswela lokho enikwenzile kuphela.

إِنَّمَآ أُمِرْتُ أَنْ أَعْبُدَ رَبَّ هَٰذِهِ ٱلْبَلْدَةِ ٱلَّذِى حَرَّمَهَا وَلَهُۥ كُلُّ شَىْءٍ ۖ وَأُمِرْتُ أَنْ أَكُونَ مِنَ ٱلْمُسْلِمِينَ ﴿٩١﴾

91. Mina ngiyalelwe ukuba ngikhonze iNkosi yalomuzi [waseMakha], yona lena ewenze wahlonipheka futhi yonke into ngeyaYo. Futhi ngiyalelwe ukuba ngibe owokuqala ukuba yiMusilimu.

وَأَنْ أَتْلُوَا۟ ٱلْقُرْءَانَ ۖ فَمَنِ ٱهْتَدَىٰ فَإِنَّمَا يَهْتَدِى لِنَفْسِهِۦ ۖ وَمَن ضَلَّ فَقُلْ إِنَّمَآ أَنَا۠ مِنَ ٱلْمُنذِرِينَ ﴿٩٢﴾

92. Nokuthi ngifunde iKurani. Ngakhoke lowo olandela indlela eqondile uzenzela yena. Futhi lowo odukayo, yithi: "Mina ngingumexwayisi nje kuphela".

وَقُلِ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ سَيُرِيكُمْ ءَايَٰتِهِۦ فَتَعْرِفُونَهَا ۚ وَمَا رَبُّكَ بِغَٰفِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿٩٣﴾

93. Futhi yithi: "Lonke udumo ngoluka Allah, uzonibonisa izibonakaliso zaKhe nani nizozazi. Futhi akusikho ukuthi iNkosi yakho ayikwazi enikwenzayo.

(28) SURA KASWASWU IMILANDO

سُورَةُ ٱلْقَصَصِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Alif-Lam-Mim.

طسٓمٓ ﴿١﴾

2. Lena imibiko yeNcwadi Ecacisayo [iKurani].

تِلْكَ ءَايَٰتُ ٱلْكِتَٰبِ ٱلْمُبِينِ ﴿٢﴾

3. Sikulandisela indaba ka Musa noFirawuni ngeqiniso kubantu abakholwayo.

نَتْلُوا۟ عَلَيْكَ مِن نَّبَإِ مُوسَىٰ وَفِرْعَوْنَ بِٱلْحَقِّ لِقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٣﴾

4. Impela uFirawuni waziqhayisa ezweni wenza abantu balo amaqembu. Elinye lamaqembu wayelicindezela ebulala amadoda abo ayeke abafazi babo. Impela wayengomunye abonakele.

إِنَّ فِرْعَوْنَ عَلَا فِى ٱلْأَرْضِ وَجَعَلَ أَهْلَهَا شِيَعًا يَسْتَضْعِفُ طَآئِفَةً مِّنْهُمْ يُذَبِّحُ أَبْنَآءَهُمْ وَيَسْتَحْىِۦ نِسَآءَهُمْ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ مِنَ ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿٤﴾

5. Futhi besifuna ukubusisa labo abacindezelwe emhlabeni futhi sibenze abaholi siphinde sibenze izindlalifa.

وَنُرِيدُ أَن نَّمُنَّ عَلَى ٱلَّذِينَ ٱسْتُضْعِفُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ وَنَجْعَلَهُمْ أَئِمَّةً وَنَجْعَلَهُمُ ٱلْوَٰرِثِينَ ﴿٥﴾

6. Bese sibazinzisa emhlabeni, futhi sibonise uFirawuni noHamani nebutho labo ngabo [abacindezelwe] lokho ababekwesaba.

وَنُمَكِّنَ لَهُمْ فِى ٱلْأَرْضِ وَنُرِىَ فِرْعَوْنَ وَهَٰمَٰنَ وَجُنُودَهُمَا مِنْهُم مَّا كَانُوا۟ يَحْذَرُونَ ﴿٦﴾

7. Safaka kunina kaMusa ukuthi, "mncelise, kanti uma umesabela, mphonsele emfuleni futhi ungasabi ungakhathazeki; ngokuba thina sizombuyisela kuwe futhi simenze omunye weZithunywa".

وَأَوْحَيْنَآ إِلَىٰٓ أُمِّ مُوسَىٰٓ أَنْ أَرْضِعِيهِ ۖ فَإِذَا خِفْتِ عَلَيْهِ فَأَلْقِيهِ فِى ٱلْيَمِّ وَلَا تَخَافِى وَلَا تَحْزَنِىٓ ۖ إِنَّا رَآدُّوهُ إِلَيْكِ وَجَاعِلُوهُ مِنَ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿٧﴾

8. Wabe esecoshwa umndeni ka Firawuni ukuze abe isitha nenkathazo kubo. Impela uFirawuni noHamani nebutho labo babesephutheni.

فَٱلْتَقَطَهُۥٓ ءَالُ فِرْعَوْنَ لِيَكُونَ لَهُمْ عَدُوًّا وَحَزَنًا ۗ إِنَّ فِرْعَوْنَ وَهَٰمَٰنَ وَجُنُودَهُمَا كَانُوا۟ خَٰطِـِٔينَ ﴿٨﴾

9. Wathi umfazi kaFirawuni: "Uyoba injabulo kimi nakuwe, ungambulali hleze abe usuzo kithi noma nje simenze ingane yethu kulapho bengazi".

وَقَالَتِ ٱمْرَأَتُ فِرْعَوْنَ قُرَّتُ عَيْنٍ لِّى وَلَكَ ۖ لَا تَقْتُلُوهُ عَسَىٰٓ أَن يَنفَعَنَآ أَوْ نَتَّخِذَهُۥ وَلَدًا وَهُمْ لَا يَشْعُرُونَ ﴿٩﴾

10. Inhliziyo kanina kaMusa yaba igobongo [ngenxa yokwesaba, wacishe wamdalula ukube nje asizange sizinzise inhliziyo yakhe ukuze abe okholwayo [kusithembiso sika Allah].

وَأَصْبَحَ فُؤَادُ أُمِّ مُوسَىٰ فَٰرِغًا ۖ إِن كَادَتْ لَتُبْدِى بِهِۦ لَوْلَآ أَن رَّبَطْنَا عَلَىٰ قَلْبِهَا لِتَكُونَ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٠﴾

11. Wathi [unina kaMusa] kudadewabo [kaMusa]: "Mthungathe". Wambona ngaseceleni benganakile.

وَقَالَتْ لِأُخْتِهِۦ قُصِّيهِ ۖ فَبَصُرَتْ بِهِۦ عَن جُنُبٍ وَهُمْ لَا يَشْعُرُونَ ﴿١١﴾

12. Besikade sesimnqabela ukuba anceliswe ngabanye ngaphambilini. Ngakhoke wathi [udadewabo]: "Nginganibonisa umndeni onganinakekelela yena futhi bamphathe kahle".

* وَحَرَّمْنَا عَلَيْهِ ٱلْمَرَاضِعَ مِن قَبْلُ فَقَالَتْ هَلْ أَدُلُّكُمْ عَلَىٰٓ أَهْلِ بَيْتٍ يَكْفُلُونَهُۥ لَكُمْ وَهُمْ لَهُۥ نَٰصِحُونَ ﴿١٢﴾

فَرَدَدْنَٰهُ إِلَىٰٓ أُمِّهِۦ كَىْ تَقَرَّ عَيْنُهَا وَلَا تَحْزَنَ وَلِتَعْلَمَ أَنَّ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقٌّ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿١٣﴾

13. Sambuyisela kunina ukuze ajabule angakhathazeki futhi azi ukuthi impela isethembiso sika Allah siyiqiniso; kepha iningi labo alazi.

وَلَمَّا بَلَغَ أَشُدَّهُۥ وَٱسْتَوَىٰٓ ءَاتَيْنَٰهُ حُكْمًا وَعِلْمًا ۚ وَكَذَٰلِكَ نَجْزِى ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٤﴾

14. Kuthe lapho esekhulile ngokugcwele, samnika ubuhlakani nolwazi. Futhi sibahlomulisa kanjalo abenza okuhle.

وَدَخَلَ ٱلْمَدِينَةَ عَلَىٰ حِينِ غَفْلَةٍ مِّنْ أَهْلِهَا فَوَجَدَ فِيهَا رَجُلَيْنِ يَقْتَتِلَانِ هَٰذَا مِن شِيعَتِهِۦ وَهَٰذَا مِنْ عَدُوِّهِۦ ۖ فَٱسْتَغَٰثَهُ ٱلَّذِى مِن شِيعَتِهِۦ عَلَى ٱلَّذِى مِنْ عَدُوِّهِۦ فَوَكَزَهُۥ مُوسَىٰ فَقَضَىٰ عَلَيْهِ ۖ قَالَ هَٰذَا مِنْ عَمَلِ ٱلشَّيْطَٰنِ ۖ إِنَّهُۥ عَدُوٌّ مُّضِلٌّ مُّبِينٌ ﴿١٥﴾

15. Wangena emzini abantu bakhona benganakile, wafica amadoda amabili elwa; lona oweqembu lakhe kuthi lona isitha sakhe. Lona weqembu lakhe wamcela ukuba amelekelele esitheni sakhe; uMusa wamwakaza ngenqindi wambulala, wathi: "impela lokhu umsebenzi kaShayitani, impela yena ungumdukisi oyisitha esisobala".

قَالَ رَبِّ إِنِّى ظَلَمْتُ نَفْسِى فَٱغْفِرْ لِى فَغَفَرَ لَهُۥٓ ۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلْغَفُورُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٦﴾

16. Wathi: "Nkosi yami, impela ngiphambukile, ngakhoke ngithelele"; wamthethelela, impela Yena Ungumthetheleli Onesihawu.

قَالَ رَبِّ بِمَآ أَنْعَمْتَ عَلَىَّ فَلَنْ أَكُونَ ظَهِيرًا لِّلْمُجْرِمِينَ ﴿١٧﴾

17. Wathi: "Nkosiyami ngalokho ongibusise ngakho ungangenzi umsekeli weziphula mthetho".

فَأَصْبَحَ فِى ٱلْمَدِينَةِ خَآئِفًا يَتَرَقَّبُ فَإِذَا ٱلَّذِى ٱسْتَنصَرَهُۥ بِٱلْأَمْسِ يَسْتَصْرِخُهُۥ ۖ قَالَ لَهُۥ مُوسَىٰٓ إِنَّكَ لَغَوِىٌّ مُّبِينٌ ﴿١٨﴾

18. Waqala ukwesaba eqalaza emzini, kwathi memfu lona obekade ecela usizo ngayizolo efuna futhi amlekelele. Wathi [uMusa] kuye: "Impela wena uyihlongandlebe langempela".

19. Kuthe lapho efuna ukugxavula lona oyisitha sabo, wathi [uzakwabo]: "We Musa, ufuna ukungibulala njengoba ubulale umuntu izolo na? Wena ufuna ukuba undlovu kayiphikiswa ezweni afune kuba umlungisi".

فَلَمَّآ أَنْ أَرَادَ أَن يَبْطِشَ بِٱلَّذِى هُوَ عَدُوٌّ لَّهُمَا قَالَ يَٰمُوسَىٰٓ أَتُرِيدُ أَن تَقْتُلَنِى كَمَا قَتَلْتَ نَفْسًۢا بِٱلْأَمْسِ ۖ إِن تُرِيدُ إِلَّآ أَن تَكُونَ جَبَّارًا فِى ٱلْأَرْضِ وَمَا تُرِيدُ أَن تَكُونَ مِنَ ٱلْمُصْلِحِينَ ﴿١٩﴾

20. Kweza indoda igijima iphuma ekugcineni nomuzi yathi: "We Musa impela izikhulu zibhunga ngawe ukuze zikubulale, ngakhoke phuma uphele, impela mina ngiyakweluleka".

وَجَآءَ رَجُلٌ مِّنْ أَقْصَا ٱلْمَدِينَةِ يَسْعَىٰ قَالَ يَٰمُوسَىٰٓ إِنَّ ٱلْمَلَأَ يَأْتَمِرُونَ بِكَ لِيَقْتُلُوكَ فَٱخْرُجْ إِنِّى لَكَ مِنَ ٱلنَّٰصِحِينَ ﴿٢٠﴾

21. Waphuma kuwo esaba eqalaza, wathi: "Nkosi yami ngihlenge kubantu abaphambukileyo".

فَخَرَجَ مِنْهَا خَآئِفًا يَتَرَقَّبُ ۖ قَالَ رَبِّ نَجِّنِى مِنَ ٱلْقَوْمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٢١﴾

22. Kuthe lapho esebhekise amabombo eMadiyana, wathi: "Hleze iNkosi yami ingiholele endleleni eqondile".

وَلَمَّا تَوَجَّهَ تِلْقَآءَ مَدْيَنَ قَالَ عَسَىٰ رَبِّىٓ أَن يَهْدِيَنِى سَوَآءَ ٱلسَّبِيلِ ﴿٢٢﴾

23. Kuthe uma efika emanzini aseMadiyana, wafica kunoquqaba lwabantu luphuzisa [impahla], wathola futhi kunabesimame ababili bemele buqama. Wathi: "Kwenzenjani nganina?". Bathi: "Asiyiphuzisi impahla kuze kube sebehambe bonke abelusi, futhi ubaba wethu ikhehla elidala".

وَلَمَّا وَرَدَ مَآءَ مَدْيَنَ وَجَدَ عَلَيْهِ أُمَّةً مِّنَ ٱلنَّاسِ يَسْقُونَ وَوَجَدَ مِن دُونِهِمُ ٱمْرَأَتَيْنِ تَذُودَانِ ۖ قَالَ مَا خَطْبُكُمَا ۖ قَالَتَا لَا نَسْقِى حَتَّىٰ يُصْدِرَ ٱلرِّعَآءُ ۖ وَأَبُونَا شَيْخٌ كَبِيرٌ ﴿٢٣﴾

24. Wabaphizisela wase ehamba eya emthunzini, wathi: "Nkosi yami ngidinga konke okuhle ongangipha kona".

فَسَقَىٰ لَهُمَا ثُمَّ تَوَلَّىٰٓ إِلَى ٱلظِّلِّ فَقَالَ رَبِّ إِنِّى لِمَآ أَنزَلْتَ إِلَىَّ مِنْ خَيْرٍ فَقِيرٌ ﴿٢٤﴾

25. Omunye wabesimame ababili weza kuye ehamba ngesizotha wathi: "Ubaba wami uyakubiza ukuze akunike umvuzo wokusiphuzisela". Kuthe uma esifikile kuye [ubaba wamadodakazi] wamlandisela udaba wathi: "Ungesabi; ususindile kubantu abaphambukile".

فَجَآءَتْهُ إِحْدَىٰهُمَا تَمْشِى عَلَى ٱسْتِحْيَآءٍ قَالَتْ إِنَّ أَبِى يَدْعُوكَ لِيَجْزِيَكَ أَجْرَ مَا سَقَيْتَ لَنَا ۚ فَلَمَّا جَآءَهُۥ وَقَصَّ عَلَيْهِ ٱلْقَصَصَ قَالَ لَا تَخَفْ ۖ نَجَوْتَ مِنَ ٱلْقَوْمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٢٥﴾

26. Wathi omunye [wamadodakazi]: "Baba, mqashe; impela lowo okunguyena okungcono umqashe yilowo onamandla othembekile".

قَالَتْ إِحْدَىٰهُمَا يَٰٓأَبَتِ ٱسْتَـْٔجِرْهُ ۖ إِنَّ خَيْرَ مَنِ ٱسْتَـْٔجَرْتَ ٱلْقَوِىُّ ٱلْأَمِينُ ﴿٢٦﴾

27. Wathi: "Ngifuna ukushadisa enye yamadodakazi wami lawa, ngokuthi wena ungisebenzele iminyaka esiyishagalombili. Uma uqeda eyishumi, kuyophma kuwe, phela angifuni ukukwenzela nzima. Uzongifumanisa ngingoqotho ngentando ka Allah".

قَالَ إِنِّىٓ أُرِيدُ أَنْ أُنكِحَكَ إِحْدَى ٱبْنَتَىَّ هَٰتَيْنِ عَلَىٰٓ أَن تَأْجُرَنِى ثَمَٰنِىَ حِجَجٍ ۖ فَإِنْ أَتْمَمْتَ عَشْرًا فَمِنْ عِندِكَ ۖ وَمَآ أُرِيدُ أَنْ أَشُقَّ عَلَيْكَ ۚ سَتَجِدُنِىٓ إِن شَآءَ ٱللَّهُ مِنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٢٧﴾

28. Wathi [uMusa]: "Lokho kuphakathi kwami nawe; noma yisiphi kwezimbili izikhathi engiziphothulayo akuyikuba nenzondo kimi, futhi u Allah kulokho esikushoyo ukuqaphile".

قَالَ ذَٰلِكَ بَيْنِى وَبَيْنَكَ ۖ أَيَّمَا ٱلْأَجَلَيْنِ قَضَيْتُ فَلَا عُدْوَٰنَ عَلَىَّ ۖ وَٱللَّهُ عَلَىٰ مَا نَقُولُ وَكِيلٌ ﴿٢٨﴾

29. Kuthe lapho uMusa esesiqedi isikhathi, wahamba nomndeni wakhe; wabona eceleni kwentaba umlilo. Wathi kumndeni wakhe: "Hlalani la, impela ngibona umlilo, mhlawumbe nginganilethela ulwazi kuwo noma isikhuni esivuthayo ukuze nothe".

* فَلَمَّا قَضَىٰ مُوسَى ٱلْأَجَلَ وَسَارَ بِأَهْلِهِۦٓ ءَانَسَ مِن جَانِبِ ٱلطُّورِ نَارًا ۖ قَالَ لِأَهْلِهِ ٱمْكُثُوٓا۟ إِنِّىٓ ءَانَسْتُ نَارًا لَّعَلِّىٓ ءَاتِيكُم مِّنْهَا بِخَبَرٍ أَوْ جَذْوَةٍ مِّنَ ٱلنَّارِ لَعَلَّكُمْ تَصْطَلُونَ ﴿٢٩﴾

فَلَمَّآ أَتَىٰهَا نُودِيَ مِن شَٰطِئِ ٱلْوَادِ ٱلْأَيْمَنِ فِي ٱلْبُقْعَةِ ٱلْمُبَٰرَكَةِ مِنَ ٱلشَّجَرَةِ أَن يَٰمُوسَىٰٓ إِنِّيٓ أَنَا ٱللَّهُ رَبُّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٣٠﴾

30. Kuthelapho efika kuwo, kwamemezwa eceleni kwesigodi sangakwesokudla endaweni ebusisiwe esihlahleni, kwathiwa: "We Musa, impela Mina ngingu Allah iNkosi yendalo yonke".

وَأَنْ أَلْقِ عَصَاكَ ۖ فَلَمَّا رَءَاهَا تَهْتَزُّ كَأَنَّهَا جَآنٌّ وَلَّىٰ مُدْبِرًا وَلَمْ يُعَقِّبْ ۚ يَٰمُوسَىٰٓ أَقْبِلْ وَلَا تَخَفْ ۖ إِنَّكَ مِنَ ٱلْءَامِنِينَ ﴿٣١﴾

31. "Phonsa phansi induku yakho". Kuthe uma eyibona inyakaza okwenyoka wabeletha izithende wangabheka emuva. [Wabizwa]: "We Musa buya ungesabi, impela uphephile"

ٱسْلُكْ يَدَكَ فِي جَيْبِكَ تَخْرُجْ بَيْضَآءَ مِنْ غَيْرِ سُوٓءٍ وَٱضْمُمْ إِلَيْكَ جَنَاحَكَ مِنَ ٱلرَّهْبِ ۖ فَذَٰنِكَ بُرْهَٰنَانِ مِن رَّبِّكَ إِلَىٰ فِرْعَوْنَ وَمَلَإِيْهِۦٓ ۚ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ قَوْمًا فَٰسِقِينَ ﴿٣٢﴾

32. Faka isandla sakho esikwameni sakho, siziphuma simhlophe kungesifo bese usondeza ingalo yakho kuwe ngenxa yokwesaba. Lokho ubufakazi obubili obuvela eNkosini yakho buya kuFirawuni nezikhulu zakhe, impela bona bangabantu abayiziphula mthetho".

قَالَ رَبِّ إِنِّي قَتَلْتُ مِنْهُمْ نَفْسًا فَأَخَافُ أَن يَقْتُلُونِ ﴿٣٣﴾

33. Wathi: "Nkosi yami, impela ngabulala umuntu kubo, ngakhoke ngiyesaba ukuthi bangahle bangibulale".

وَأَخِي هَٰرُونُ هُوَ أَفْصَحُ مِنِّي لِسَانًا فَأَرْسِلْهُ مَعِيَ رِدْءًا يُصَدِّقُنِيٓ ۖ إِنِّيٓ أَخَافُ أَن يُكَذِّبُونِ ﴿٣٤﴾

34. Futhi umfowethu uHaruna uliciko ngolimi ukudlula mina, ngakhoke mthumele kanye nami njengosekela azongifakazela, impela ngiyesaba ukuthi bazongiphikisa.

قَالَ سَنَشُدُّ عَضُدَكَ بِأَخِيكَ
وَنَجۡعَلُ لَكُمَا سُلۡطَٰنٗا فَلَا يَصِلُونَ
إِلَيۡكُمَا بِـَٔايَٰتِنَآۚ أَنتُمَا وَمَنِ ٱتَّبَعَكُمَا
ٱلۡغَٰلِبُونَ ٣٥

35. Wathi [u Allah]: "Sizokuqinisa ngomfowenu futhi sizonenzela ubufakazi, ngakhoke ngeke banenze lutho [olubi]. Nobabili kanye nalabo abanilandelayo niyonqoba ngezibonkaliso zeThu".

فَلَمَّا جَآءَهُم مُّوسَىٰ بِـَٔايَٰتِنَا بَيِّنَٰتٖ
قَالُواْ مَا هَٰذَآ إِلَّا سِحۡرٞ مُّفۡتَرٗى وَمَا
سَمِعۡنَا بِهَٰذَا فِيٓ ءَابَآئِنَا ٱلۡأَوَّلِينَ ٣٦

36. Kuthe lapho uMusa efika kubo nezibonakaliso Zethu ezicacile, bathi: "Lokhu ubulumbi aziqambele bona futhi asikaze sezwa ngalokho ngisho nakokhokho bethu emandulo".

وَقَالَ مُوسَىٰ رَبِّيٓ أَعۡلَمُ بِمَن جَآءَ بِٱلۡهُدَىٰ
مِنۡ عِندِهِۦ وَمَن تَكُونُ لَهُۥ عَٰقِبَةُ ٱلدَّارِۖ
إِنَّهُۥ لَا يُفۡلِحُ ٱلظَّٰلِمُونَ ٣٧

37. Wathi uMusa: "iNkosi yami imazi kahle lowo oze nokuholelwa okuvela kuYe nalowo okunguyena oyothola isiphetho; impela abaphambuki abaphumeleli".

وَقَالَ فِرۡعَوۡنُ يَٰٓأَيُّهَا ٱلۡمَلَأُ مَا عَلِمۡتُ
لَكُم مِّنۡ إِلَٰهٍ غَيۡرِي فَأَوۡقِدۡ لِي يَٰهَٰمَٰنُ
عَلَى ٱلطِّينِ فَٱجۡعَل لِّي صَرۡحٗا لَّعَلِّيٓ
أَطَّلِعُ إِلَىٰٓ إِلَٰهِ مُوسَىٰ وَإِنِّي لَأَظُنُّهُۥ مِنَ
ٱلۡكَٰذِبِينَ ٣٨

38. Wathi uFirawuni: "Nina zikhulu, akukho sikhonzwa enginazela sona. We Hamani ake ungenzele izitini ngenhlabathi ungakhele inqaba ewumbhoshongo ukuze kengilunguze lesikhonzwa sika Musa ngona ngicabanga ukuthi unamanga".

وَٱسۡتَكۡبَرَ هُوَ وَجُنُودُهُۥ فِي ٱلۡأَرۡضِ بِغَيۡرِ
ٱلۡحَقِّ وَظَنُّوٓاْ أَنَّهُمۡ إِلَيۡنَا لَا يُرۡجَعُونَ ٣٩

39. Waziqhayisa yena nebutho lakhe ezweni ngokungemthetho futhi bacabanga ukuthi abasoze babuyela kithi.

فَأَخَذۡنَٰهُ وَجُنُودَهُۥ فَنَبَذۡنَٰهُمۡ فِي ٱلۡيَمِّۖ
فَٱنظُرۡ كَيۡفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلظَّٰلِمِينَ ٤٠

40. Samjezisa yena nebutho lakhe sabatshinga emanzini. Awubheke nje ukuthi sabanjani isiphetho sabaphambukile.

41. Futhi sabenza baba ngabaholi abamemela emlilweni kanti nangosuku lokwahlulela angeke basizwa.

وَجَعَلْنَٰهُمْ أَئِمَّةً يَدْعُونَ إِلَى ٱلنَّارِ ۖ وَيَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ لَا يُنصَرُونَ ﴿٤١﴾

42. Sabalandelisa ngesiqalekiso kulomhlaba kanti futhi ngoSuku lokwahlulela bayoba ngababi.

وَأَتْبَعْنَٰهُمْ فِى هَٰذِهِ ٱلدُّنْيَا لَعْنَةً ۖ وَيَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ هُم مِّنَ ٱلْمَقْبُوحِينَ ﴿٤٢﴾

43. Futhi sanika uMusa Incwadi emuva kokuba sesibhubhise izizwe zasekuqaleni, ukuze ikhanyisele abantu ibe umhlahlandlela futhi ibe umusa ukuze balalele.

وَلَقَدْ ءَاتَيْنَا مُوسَى ٱلْكِتَٰبَ مِنۢ بَعْدِ مَآ أَهْلَكْنَا ٱلْقُرُونَ ٱلْأُولَىٰ بَصَآئِرَ لِلنَّاسِ وَهُدًى وَرَحْمَةً لَّعَلَّهُمْ يَتَذَكَّرُونَ ﴿٤٣﴾

44. Futhi bewungekho ohlangothini [lwentaba] lwasentshonalanga mhla sethula umyalelo kuMusa [simjuba] futhi bewungathamelanga.

وَمَا كُنتَ بِجَانِبِ ٱلْغَرْبِىِّ إِذْ قَضَيْنَآ إِلَىٰ مُوسَى ٱلْأَمْرَ وَمَا كُنتَ مِنَ ٱلشَّٰهِدِينَ ﴿٤٤﴾

45. Kepha Thina sadala izizwe [emuva kaMusa] zaphila isikhathi eside. Futhi ubungahlali nabantu baseMadiyana ubafundela imibiko yeThu, kepha yithina esathumela.

وَلَٰكِنَّآ أَنشَأْنَا قُرُونًا فَتَطَاوَلَ عَلَيْهِمُ ٱلْعُمُرُ ۚ وَمَا كُنتَ ثَاوِيًا فِىٓ أَهْلِ مَدْيَنَ تَتْلُوا۟ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتِنَا وَلَٰكِنَّا كُنَّا مُرْسِلِينَ ﴿٤٥﴾

46. Futhi bewungekho eceleni [kwentaba] iTuri mhla simemeza; kepha [sikuthumele ukuba ube] umusa ovela eNkosini yakho ukuze wexwayise abantu abangamtholanga umexwayisi ngaphambi kwakho hleze balalele.

وَمَا كُنتَ بِجَانِبِ ٱلطُّورِ إِذْ نَادَيْنَا وَلَٰكِن رَّحْمَةً مِّن رَّبِّكَ لِتُنذِرَ قَوْمًا مَّآ أَتَىٰهُم مِّن نَّذِيرٍ مِّن قَبْلِكَ لَعَلَّهُمْ يَتَذَكَّرُونَ ﴿٤٦﴾

47. Uma bengehlelwa umshophi [isijeziso] ngenxa yemisebenzi yabo, bazothi: "Nkosi yethu, kungani ungathumelanga isithunywa kithi ukuze silandele imibiko yakho futhi sibe ngabakholwayo".

وَلَوْلَآ أَن تُصِيبَهُم مُّصِيبَةٌۢ بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيهِمْ فَيَقُولُوا۟ رَبَّنَا لَوْلَآ أَرْسَلْتَ إِلَيْنَا رَسُولًا فَنَتَّبِعَ ءَايَٰتِكَ وَنَكُونَ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٤٧﴾

48. Kuthe iqiniso lifika kubo livela kithi bathi: "Kungani angenikwanga okufana nalokhu okwanikwa uMusa na?" Abazange yini bakuphike lokho okwanikwa uMusa phambilini na? Bathi: "Ubulumbi obubili buyasekelana [beqonde iTora neKurani]". Baphinde bathi: "Thina konke asikukholwa".

فَلَمَّا جَآءَهُمُ ٱلْحَقُّ مِنْ عِندِنَا قَالُوا۟ لَوْلَآ أُوتِىَ مِثْلَ مَآ أُوتِىَ مُوسَىٰٓ ۚ أَوَلَمْ يَكْفُرُوا۟ بِمَآ أُوتِىَ مُوسَىٰ مِن قَبْلُ ۖ قَالُوا۟ سِحْرَانِ تَظَٰهَرَا وَقَالُوٓا۟ إِنَّا بِكُلٍّ كَٰفِرُونَ ﴿٤٨﴾

49. Yithi: "Lethani incwadi evela ku Allah ewumhlahlandlela ongcono ukudla lezi ezimbili, ukuze ngiyilandele uma ngempela niqinisile".

قُلْ فَأْتُوا۟ بِكِتَٰبٍ مِّنْ عِندِ ٱللَّهِ هُوَ أَهْدَىٰ مِنْهُمَآ أَتَّبِعْهُ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٤٩﴾

50. Uma bengakuphenduli, yazike ukuthi bazilandelela izinkanuko zabo nje kuphela. Futhi ingabe ubani oduke ukudlula lowo olandela izinkanuko zakhe ngaphandle kokuhola okuvela ku Allah. Impela u Allah akababaholi abantu abaphambukile.

فَإِن لَّمْ يَسْتَجِيبُوا۟ لَكَ فَٱعْلَمْ أَنَّمَا يَتَّبِعُونَ أَهْوَآءَهُمْ ۚ وَمَنْ أَضَلُّ مِمَّنِ ٱتَّبَعَ هَوَىٰهُ بِغَيْرِ هُدًى مِّنَ ٱللَّهِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٥٠﴾

51. Futhi impela sibahlalusele inkulumo [yeKurani] ukuze balalele.

* وَلَقَدْ وَصَّلْنَا لَهُمُ ٱلْقَوْلَ لَعَلَّهُمْ يَتَذَكَّرُونَ ﴿٥١﴾

ٱلَّذِينَ ءَاتَيۡنَٰهُمُ ٱلۡكِتَٰبَ مِن قَبۡلِهِۦ هُم بِهِۦ يُؤۡمِنُونَ ﴿٥٢﴾

52. Labo esabanika iNcwadi ngaphambi kwayo [iKurani], babekholwa yiyo.

وَإِذَا يُتۡلَىٰ عَلَيۡهِمۡ قَالُوٓاْ ءَامَنَّا بِهِۦٓ إِنَّهُ ٱلۡحَقُّ مِن رَّبِّنَآ إِنَّا كُنَّا مِن قَبۡلِهِۦ مُسۡلِمِينَ ﴿٥٣﴾

53. Uma befundelwa yona bathi: "Siyayikholwa, impela iyiqiniso elivela eNkosini yethu futhi besivele singamaMusilimu ngaphambi kwayo".

أُوْلَٰٓئِكَ يُؤۡتَوۡنَ أَجۡرَهُم مَّرَّتَيۡنِ بِمَا صَبَرُواْ وَيَدۡرَءُونَ بِٱلۡحَسَنَةِ ٱلسَّيِّئَةَ وَمِمَّا رَزَقۡنَٰهُمۡ يُنفِقُونَ ﴿٥٤﴾

54. Labo bayonikwa umvuzo wabo kabili ngenxa yokubekezela kwabo futhi basusa okubi ngokuhle baphinde baphisane ngalokho esibabele kona.

وَإِذَا سَمِعُواْ ٱللَّغۡوَ أَعۡرَضُواْ عَنۡهُ وَقَالُواْ لَنَآ أَعۡمَٰلُنَا وَلَكُمۡ أَعۡمَٰلُكُمۡ سَلَٰمٌ عَلَيۡكُمۡ لَا نَبۡتَغِي ٱلۡجَٰهِلِينَ ﴿٥٥﴾

55. Uma bezwa umbhedo bayaziqhelelanisa nawo, bathi: "Thina sinokwethu esikwenzayo, nani ninokwenu enikwenzayo; ukuthula makube kini asinaso isikhathi seziwula".

إِنَّكَ لَا تَهۡدِي مَنۡ أَحۡبَبۡتَ وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ يَهۡدِي مَن يَشَآءُۚ وَهُوَ أَعۡلَمُ بِٱلۡمُهۡتَدِينَ ﴿٥٦﴾

56. Impela akunguwe ohola omthandayo, kepha ngu Allah ohola amthandayo futhi ubazi kahle abasendleni eqondile.

وَقَالُوٓاْ إِن نَّتَّبِعِ ٱلۡهُدَىٰ مَعَكَ نُتَخَطَّفۡ مِنۡ أَرۡضِنَآۚ أَوَلَمۡ نُمَكِّن لَّهُمۡ حَرَمًا ءَامِنٗا يُجۡبَىٰٓ إِلَيۡهِ ثَمَرَٰتُ كُلِّ شَيۡءٖ رِّزۡقٗا مِّن لَّدُنَّا وَلَٰكِنَّ أَكۡثَرَهُمۡ لَا يَعۡلَمُونَ ﴿٥٧﴾

57. Futhi bathi: "Uma silandela ukuholwa kanye nawe sizohlwithwa ezweni lethu". Asizange yini sibazinzise endaweni ehloniphekile ephephile, zonke izithelo zayo yonke into zilethwa kuyo njengesondlo esivela kithi, kepha iningi labo alazi".

وَكَمْ أَهْلَكْنَا مِن قَرْيَةٍۭ بَطِرَتْ مَعِيشَتَهَا ۖ فَتِلْكَ مَسَٰكِنُهُمْ لَمْ تُسْكَن مِّنۢ بَعْدِهِمْ إِلَّا قَلِيلًا ۖ وَكُنَّا نَحْنُ ٱلْوَٰرِثِينَ ﴿٥٨﴾

58. Futhi ziningi izizwe esazibhubhisa ezaphula umthetho ngempilo yazo. Nansiya imizi yabo ayisahlali muntu emuva kwabo ngaphandle nje okwesikhashana. Futhi yithina esasala siyithatha.

وَمَا كَانَ رَبُّكَ مُهْلِكَ ٱلْقُرَىٰ حَتَّىٰ يَبْعَثَ فِىٓ أُمِّهَا رَسُولًا يَتْلُوا۟ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتِنَا ۚ وَمَا كُنَّا مُهْلِكِى ٱلْقُرَىٰٓ إِلَّا وَأَهْلُهَا ظَٰلِمُونَ ﴿٥٩﴾

59. Futhi iNkosi yakho ayikaze ibhubhise isizwe ingakathumeli kwelomkhulu laso iSithunywa esibafundela imibiko yeThu. Futhi asikaze sibhubhise isizwe abantu bakhona bengebona abaphambuki.

وَمَآ أُوتِيتُم مِّن شَىْءٍ فَمَتَٰعُ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا وَزِينَتُهَا ۚ وَمَا عِندَ ٱللَّهِ خَيْرٌ وَأَبْقَىٰٓ ۚ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٦٠﴾

60. Yonke into eniphiwe yona, eyokuzijabulisa empilweni yasemhlabeni nobuhle bayo. Kepha lokho okuku Allah kungcono futhi akupheli. Ake niqonde.

أَفَمَن وَعَدْنَٰهُ وَعْدًا حَسَنًا فَهُوَ لَٰقِيهِ كَمَن مَّتَّعْنَٰهُ مَتَٰعَ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ثُمَّ هُوَ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ مِنَ ٱلْمُحْضَرِينَ ﴿٦١﴾

61. Lowo esimthembise isethembiso esihle futhi eyosithola, ingabe uyafana yini nalowo esimjabulise ngezinto zempilo yasemhlabeni bese eyoba ngabayolethwa [ukuze ahlulelwe] ngoSuku lokwahlelela na?

وَيَوْمَ يُنَادِيهِمْ فَيَقُولُ أَيْنَ شُرَكَآءِىَ ٱلَّذِينَ كُنتُمْ تَزْعُمُونَ ﴿٦٢﴾

62. Ngosuku lapho [u Allah] ayobabiza khona athi: "Baphi abalingani baMi laba ebenibaqokile na?"

قَالَ ٱلَّذِينَ حَقَّ عَلَيْهِمُ ٱلْقَوْلُ رَبَّنَا هَٰٓؤُلَآءِ ٱلَّذِينَ أَغْوَيْنَآ أَغْوَيْنَٰهُمْ كَمَا غَوَيْنَا ۖ تَبَرَّأْنَآ إِلَيْكَ ۖ مَا كَانُوٓا۟ إِيَّانَا يَعْبُدُونَ ﴿٦٣﴾

63. Laba abayokwehlelwa yisinqumo [sesijeziso] bayothi: "Nkosi yethu, yibo kanye laba esabadukisa, sabadukisa njengoba nathi sasidukile; futhi babengakhonzi thina nhlobo".

64. Kuyobe sekuthiwa: "Khulekani kuzikhonzwa zenu; bayokhuleka kepha zingabaphenduli, bese bebona isijeziso; ukube nje bahamba endleleni eqondile [ngabe abasibonanga isijeziso].

وَقِيلَ ٱدْعُواْ شُرَكَآءَكُمْ فَدَعَوْهُمْ فَلَمْ يَسْتَجِيبُواْ لَهُمْ وَرَأَوُاْ ٱلْعَذَابَ ۚ لَوْ أَنَّهُمْ كَانُواْ يَهْتَدُونَ ﴿٦٤﴾

65. Futhi ngosuku lapho [u Allah] ayobabiza khona athi: "Niziphendule nathini iZithunywa na?"

وَيَوْمَ يُنَادِيهِمْ فَيَقُولُ مَاذَآ أَجَبْتُمُ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿٦٥﴾

66. Kuyophela izizaba kubo ngalolo suku; angeke babuzane lutho[1].

فَعَمِيَتْ عَلَيْهِمُ ٱلْأَنۢبَآءُ يَوْمَئِذٍ فَهُمْ لَا يَتَسَآءَلُونَ ﴿٦٦﴾

67. Kepha lowo ozozisola acele intethelelo akholwe enze nokulungileyo, hleze abe ngophumelelayo.

فَأَمَّا مَن تَابَ وَءَامَنَ وَعَمِلَ صَٰلِحًا فَعَسَىٰٓ أَن يَكُونَ مِنَ ٱلْمُفْلِحِينَ ﴿٦٧﴾

68. Futhi iNkosi yakho idala ekuthandayo; bona abanakho ukuzikhethela. U Allah ungcwele futhi uphakeme kunalokho abakubhangqayo.

وَرَبُّكَ يَخْلُقُ مَا يَشَآءُ وَيَخْتَارُ ۗ مَا كَانَ لَهُمُ ٱلْخِيَرَةُ ۚ سُبْحَٰنَ ٱللَّهِ وَتَعَٰلَىٰ عَمَّا يُشْرِكُونَ ﴿٦٨﴾

69. Futhi iNkosi yakho iyakwazi lokho okufihlwa izinhliziyo zabo nalokho abakuveza obala.

وَرَبُّكَ يَعْلَمُ مَا تُكِنُّ صُدُورُهُمْ وَمَا يُعْلِنُونَ ﴿٦٩﴾

70. Futhi ungu Allah, akekho omunye ofanele akhonze ngaphandle kwaKhe; lonke udumo lungo lwaKhe ekuqaleni nasekugcineni; futhi nguYena owehlulelayo kanti futhi niyibuyela kuYe.

وَهُوَ ٱللَّهُ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ۖ لَهُ ٱلْحَمْدُ فِى ٱلْأُولَىٰ وَٱلْءَاخِرَةِ ۖ وَلَهُ ٱلْحُكْمُ وَإِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٧٠﴾

1 OKusho ukuthi, inkukhu iyonqunywa umlomo, ziyime emthubeni kube mnyama ebusweni benkawu.

71. Yithi: "Akenisho, uma u Allah engenza ubusuku bube unaphakade kini, yisiphi isikhonzwa ngaphandle kuka Allah esiyonilethela ukukhanya na? Ingabe anizwa yini na?"

قُلْ أَرَءَيْتُمْ إِن جَعَلَ ٱللَّهُ عَلَيْكُمُ ٱلَّيْلَ سَرْمَدًا إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْقِيَـٰمَةِ مَنْ إِلَـٰهٌ غَيْرُ ٱللَّهِ يَأْتِيكُم بِضِيَآءٍ ۖ أَفَلَا تَسْمَعُونَ ﴿٧١﴾

72. Yithi: "Ake nisho, uma uAllah engeza imini ibe unaphakade kini, yisiphi isikhonzwa ngaphandle kuka Allah esiyonilethela ubusuku eniyophumula kubo na? Ingabe anizwa yini na?

قُلْ أَرَءَيْتُمْ إِن جَعَلَ ٱللَّهُ عَلَيْكُمُ ٱلنَّهَارَ سَرْمَدًا إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْقِيَـٰمَةِ مَنْ إِلَـٰهٌ غَيْرُ ٱللَّهِ يَأْتِيكُم بِلَيْلٍ تَسْكُنُونَ فِيهِ ۖ أَفَلَا تُبْصِرُونَ ﴿٧٢﴾

73. Futhi ngomusa waKhe unenzele ubusuku nemini ukuze niphumule kubo futhi nithungathe nezibusiso zaKhe nokuthi nibonge.

وَمِن رَّحْمَتِهِۦ جَعَلَ لَكُمُ ٱلَّيْلَ وَٱلنَّهَارَ لِتَسْكُنُوا۟ فِيهِ وَلِتَبْتَغُوا۟ مِن فَضْلِهِۦ وَلَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿٧٣﴾

74. Ngosuku lapho [u Allah] ayobabiza khona athi: "Baphi abalingani baMi laba ebenibaqokile na?"

وَيَوْمَ يُنَادِيهِمْ فَيَقُولُ أَيْنَ شُرَكَآءِىَ ٱلَّذِينَ كُنتُمْ تَزْعُمُونَ ﴿٧٤﴾

75. Siyokhipha kusizwe nesizwe ufakazi bese sithi: "Lethani ubufakzi benu". Lapha bayokwazi ukuthi iqiniso ngelika Allah futhi konke lokhu ababekuqamba kuyobalahlekela".

وَنَزَعْنَا مِن كُلِّ أُمَّةٍ شَهِيدًا فَقُلْنَا هَاتُوا۟ بُرْهَـٰنَكُمْ فَعَلِمُوٓا۟ أَنَّ ٱلْحَقَّ لِلَّهِ وَضَلَّ عَنْهُم مَّا كَانُوا۟ يَفْتَرُونَ ﴿٧٥﴾

76. Impela uKaruna waye ngowesizwe sika Musa kepha bawajikela – samnika umcebo ozihluthulelo zawo zisinda amadoda amaningi anamandla – mhla abantu bakubo bethi kuye: "Ungazindondonyi ngokweqile, ngokuba u Allah akabathandi abazindondonyayo".

* إِنَّ قَـٰرُونَ كَانَ مِن قَوْمِ مُوسَىٰ فَبَغَىٰ عَلَيْهِمْ ۖ وَءَاتَيْنَـٰهُ مِنَ ٱلْكُنُوزِ مَآ إِنَّ مَفَاتِحَهُۥ لَتَنُوٓأُ بِٱلْعُصْبَةِ أُو۟لِى ٱلْقُوَّةِ إِذْ قَالَ لَهُۥ قَوْمُهُۥ لَا تَفْرَحْ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ ٱلْفَرِحِينَ ﴿٧٦﴾

77. Futhi sebenzisa lokho u Allah akuphe kona ukuthola umuzi wakwelizayo [iJana]; kepha ungakhohlwa isabelo sakho sasemhlabeni. Wenze okuhle [kwabanye] njengoba enze okuhle kuwe. Futhi ungabhebhetheli ukonakala ezweni, impela u Allah akabathandi abonakele.

وَٱبْتَغِ فِيمَآ ءَاتَىٰكَ ٱللَّهُ ٱلدَّارَ ٱلْـَٔاخِرَةَ ۖ وَلَا تَنسَ نَصِيبَكَ مِنَ ٱلدُّنْيَا ۖ وَأَحْسِن كَمَآ أَحْسَنَ ٱللَّهُ إِلَيْكَ ۖ وَلَا تَبْغِ ٱلْفَسَادَ فِى ٱلْأَرْضِ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿٧٧﴾

78. Wathi: "Ngiwunikwe [umcebo] ngenxa yolwazi enginalo [ubuhlakani bami]". Ingabe akazi yini ukuthi impela u Allah wababhubhisa ngaphambi kwakhe izizwe ezazinamandla ukudlula yena nezazicebe ukudlula yena. Futhi angeke iziphula mthetho zibuzwe zezimpambuko zabo [abasendulo]".

قَالَ إِنَّمَآ أُوتِيتُهُۥ عَلَىٰ عِلْمٍ عِندِىٓ ۚ أَوَلَمْ يَعْلَمْ أَنَّ ٱللَّهَ قَدْ أَهْلَكَ مِن قَبْلِهِۦ مِنَ ٱلْقُرُونِ مَنْ هُوَ أَشَدُّ مِنْهُ قُوَّةً وَأَكْثَرُ جَمْعًا ۚ وَلَا يُسْـَٔلُ عَن ذُنُوبِهِمُ ٱلْمُجْرِمُونَ ﴿٧٨﴾

79. Waphumela kubantu bakubo evunulile, bathi laba abalangazelela impilo yasemhlabeni: "Sifisa engathi nathi besinokufana nalokhu okunikwe uKaruna, impela uphiwe lukhulu".

فَخَرَجَ عَلَىٰ قَوْمِهِۦ فِى زِينَتِهِۦ ۖ قَالَ ٱلَّذِينَ يُرِيدُونَ ٱلْحَيَوٰةَ ٱلدُّنْيَا يَـٰلَيْتَ لَنَا مِثْلَ مَآ أُوتِىَ قَـٰرُونُ إِنَّهُۥ لَذُو حَظٍّ عَظِيمٍ ﴿٧٩﴾

80. Bathi laba abanikwa ulwazi: "Kahleni bo, umvuzo ka Allah yiwona ongcono kulowo okholwayo nowenza okulungileyo. Futhi akekho oyowuthola ngaphandle kwalabo ababekezelayo".

وَقَالَ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْعِلْمَ وَيْلَكُمْ ثَوَابُ ٱللَّهِ خَيْرٌ لِّمَنْ ءَامَنَ وَعَمِلَ صَـٰلِحًا ۚ وَلَا يُلَقَّىٰهَآ إِلَّا ٱلصَّـٰبِرُونَ ﴿٨٠﴾

فَخَسَفْنَا بِهِۦ وَبِدَارِهِ ٱلْأَرْضَ فَمَا كَانَ لَهُۥ مِن فِئَةٍ يَنصُرُونَهُۥ مِن دُونِ ٱللَّهِ وَمَا كَانَ مِنَ ٱلْمُنتَصِرِينَ ﴿٨١﴾

81. Samgqiba ngomhlaba yena nomuzi wakhe; kwakungekho nelilodwa iqembu ebengamsiza ngaphandle kuka Allah futhi wayengeke aphunyuke.

وَأَصْبَحَ ٱلَّذِينَ تَمَنَّوْا۟ مَكَانَهُۥ بِٱلْأَمْسِ يَقُولُونَ وَيْكَأَنَّ ٱللَّهَ يَبْسُطُ ٱلرِّزْقَ لِمَن يَشَآءُ مِنْ عِبَادِهِۦ وَيَقْدِرُ ۖ لَوْلَآ أَن مَّنَّ ٱللَّهُ عَلَيْنَا لَخَسَفَ بِنَا ۖ وَيْكَأَنَّهُۥ لَا يُفْلِحُ ٱلْكَٰفِرُونَ ﴿٨٢﴾

82. Laba ababekade befisa ukuba nguye ngayizolo kwabayibo futhi abathi: "Yeheni, impela u Allah upha aphinde amswinye isondlo lowo amthandayo ezigqileni zaKhe. Ukube nje u Allah akasibusisanga ngabe nathi usugqibile; yeheni, impela abangakholwa ababhumeleli".

تِلْكَ ٱلدَّارُ ٱلْءَاخِرَةُ نَجْعَلُهَا لِلَّذِينَ لَا يُرِيدُونَ عُلُوًّا فِى ٱلْأَرْضِ وَلَا فَسَادًا ۚ وَٱلْعَٰقِبَةُ لِلْمُتَّقِينَ ﴿٨٣﴾

83. Lowo umuzi wakwelizayo esiwudalele labo abangalangezeleli ukuphakama emhlabeni noma ukonakala. Futhi isiphetho esalabo abathobela u Allah.

مَن جَآءَ بِٱلْحَسَنَةِ فَلَهُۥ خَيْرٌ مِّنْهَا ۖ وَمَن جَآءَ بِٱلسَّيِّئَةِ فَلَا يُجْزَى ٱلَّذِينَ عَمِلُوا۟ ٱلسَّيِّـَٔاتِ إِلَّا مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٨٤﴾

84. Lowo owenza okuhle, uyothola okungcono kunakho [umvuzo]. Kuthi lowo owenza okubi; labo abenza okubi abayikujeziselwa okunye ngaphandle kwalokho abakwenzile.

إِنَّ ٱلَّذِى فَرَضَ عَلَيْكَ ٱلْقُرْءَانَ لَرَآدُّكَ إِلَىٰ مَعَادٍ ۚ قُل رَّبِّىٓ أَعْلَمُ مَن جَآءَ بِٱلْهُدَىٰ وَمَنْ هُوَ فِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٨٥﴾

85. Impela lona owembulele iKurani kuwe, uyokubuyisela lapho uphuma khona. Yithi: "iNkosi yami imazi kahle lowo oza nokuholwa nalowo osekudukeni okusobala"

وَمَا كُنتَ تَرۡجُوٓاْ أَن يُلۡقَىٰٓ إِلَيۡكَ ٱلۡكِتَٰبُ إِلَّا رَحۡمَةٗ مِّن رَّبِّكَۖ فَلَا تَكُونَنَّ ظَهِيرٗا لِّلۡكَٰفِرِينَ ٨٦

86. Futhi wawungalangezeleli ukuthi ulethelwe iNcwadi [iKurani] ngaphandle nje komusa ovela eNkosini yakho. Ngakhoke ungabi umesekeli wabangakholwa.

وَلَا يَصُدُّنَّكَ عَنۡ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ بَعۡدَ إِذۡ أُنزِلَتۡ إِلَيۡكَۖ وَٱدۡعُ إِلَىٰ رَبِّكَۖ وَلَا تَكُونَنَّ مِنَ ٱلۡمُشۡرِكِينَ ٨٧

87. Futhi ungavinjwa muntu emibikweni ka Allah uma seyembulelwe kuwe. Umemele eNkosini yakho, ungabi mdibi munye nabakhonza izithixo.

وَلَا تَدۡعُ مَعَ ٱللَّهِ إِلَٰهًا ءَاخَرَۘ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَۚ كُلُّ شَيۡءٍ هَالِكٌ إِلَّا وَجۡهَهُۥۚ لَهُ ٱلۡحُكۡمُ وَإِلَيۡهِ تُرۡجَعُونَ ٨٨

88. Futhi ungakhonzi esinye isikhonzwa usibhangqe no Allah; akekho ofanele ukukhonzwa ngaphandle kwaKhe. Yonke into iyoshabalala ngaphandle kobuso baKhe. Ukwehlulela ngokwaKhe futhi niyobuyela kuYe.

(29) SURA ANKABUTI
ISICABUCABU

سُورَةُ ٱلْعَنكَبُوتِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Alif-Lam-Mim.

الٓمٓ ﴿١﴾

2. Ingabe abantu bacabanga ukuthi kuyothi uma sebethe: "Siyakholwa", bese bengavivinywa na?

أَحَسِبَ ٱلنَّاسُ أَن يُتْرَكُوٓاْ أَن يَقُولُوٓاْ ءَامَنَّا وَهُمْ لَا يُفْتَنُونَ ﴿٢﴾

3. Sabavivinya impela labo ababandulelayo; ukuze phela u Allah azi labo abaqinisile [ukuthi baykholwa] nalabo abanamanga.

وَلَقَدْ فَتَنَّا ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۖ فَلَيَعْلَمَنَّ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ صَدَقُواْ وَلَيَعْلَمَنَّ ٱلْكَٰذِبِينَ ﴿٣﴾

4. Kumbe labo abenza izimpambuko bacabanga ukuthi bayosiphunyuka na? Yaze yayimbi indlela abehlulela ngayo.

أَمْ حَسِبَ ٱلَّذِينَ يَعْمَلُونَ ٱلسَّيِّـَٔاتِ أَن يَسْبِقُونَا ۚ سَآءَ مَا يَحْكُمُونَ ﴿٤﴾

5. Lowo olangezelela ukuhlangana no Allah; impela isikhathi [esibekiwe] sika Allah siyeza, futhi Ungozwayo Owaziyo.

مَن كَانَ يَرْجُواْ لِقَآءَ ٱللَّهِ فَإِنَّ أَجَلَ ٱللَّهِ لَءَاتٍ ۚ وَهُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٥﴾

6. Futhi lowo ozikhandlayo, uzenzela yena uqobo, ngokuba u Allah akayidingi indalo yonke.

وَمَن جَٰهَدَ فَإِنَّمَا يُجَٰهِدُ لِنَفْسِهِۦٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَغَنِىٌّ عَنِ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٦﴾

7. Futhi laba abakholwayo nabenza okulungileyo, sizobasulela izimpambuko zabo siphinde sibahlomulise ngomvuzo odlula lokhu ababekwenza.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَنُكَفِّرَنَّ عَنْهُمْ سَيِّـَٔاتِهِمْ وَلَنَجْزِيَنَّهُمْ أَحْسَنَ ٱلَّذِى كَانُواْ يَعْمَلُونَ ﴿٧﴾

8. Seluleke umuntu ukuba aphathe kahle abazali bakhe. Uma bekuphoqelela ukuba uNgibhangqe nalokho ongenalwazi ngakho, ungabalaleli. Nonke niyobuyela kiMi bese nginazisa ngalokho ebenikwenza.

وَوَصَّيْنَا ٱلْإِنسَٰنَ بِوَٰلِدَيْهِ حُسْنًا ۖ وَإِن جَٰهَدَاكَ لِتُشْرِكَ بِى مَا لَيْسَ لَكَ بِهِۦ عِلْمٌ فَلَا تُطِعْهُمَآ ۚ إِلَىَّ مَرْجِعُكُمْ فَأُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٨﴾

9. Futhi labo abakholwayo abenza nokulungileyo, nakanjani siyobangenisa kanye nabaqotho.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَنُدْخِلَنَّهُمْ فِى ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٩﴾

10. Futhi ebantwini kunalowo othi: "Ngiyakholelwa kuka Allah", kepha uma eselinyazwa ngenxa ka Allah, wenza incindezelo yabantu kube ngathi isijeziso esivela ku Allah. Kodwa uma sekufika usizo oluvela eNkosini yakho, nakanjani uzothi: "Impela besikanye nani". Kanti u Allah akakwazi kahle yini lokhu okusezifubeni zendalo yonke na?

وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يَقُولُ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ فَإِذَآ أُوذِىَ فِى ٱللَّهِ جَعَلَ فِتْنَةَ ٱلنَّاسِ كَعَذَابِ ٱللَّهِ ۖ وَلَئِن جَآءَ نَصْرٌ مِّن رَّبِّكَ لَيَقُولُنَّ إِنَّا كُنَّا مَعَكُمْ ۚ أَوَلَيْسَ ٱللَّهُ بِأَعْلَمَ بِمَا فِى صُدُورِ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١٠﴾

11. U Allah ubazi kahle impela laba abakholwayo futhi ubazi kahle impela nalabo abangabazenzisi.

وَلَيَعْلَمَنَّ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَلَيَعْلَمَنَّ ٱلْمُنَٰفِقِينَ ﴿١١﴾

12. Laba abangakholwa bathi kulabo abakholwayo: "Landelani eyethu indlela, sizonithwalela izimpambuko zenu", abasoze babathwalela lutho ezimpambukweni zabo, impela banamanga.

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لِلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱتَّبِعُوا۟ سَبِيلَنَا وَلْنَحْمِلْ خَطَٰيَٰكُمْ وَمَا هُم بِحَٰمِلِينَ مِنْ خَطَٰيَٰهُم مِّن شَىْءٍ ۖ إِنَّهُمْ لَكَٰذِبُونَ ﴿١٢﴾

13. Bayothwala imithwalo yabo [yezimpambuko] neminye imithwalo phezu kwemithwalo yabo. Futhi bayobuzwa ngoSuku lokwahlulela ngalokho ngamanga ababewaqamba.

وَلَيَحْمِلُنَّ أَثْقَالَهُمْ وَأَثْقَالًا مَّعَ أَثْقَالِهِمْ ۖ وَلَيُسْـَٔلُنَّ يَوْمَ ٱلْقِيَـٰمَةِ عَمَّا كَانُوا۟ يَفْتَرُونَ ﴿١٣﴾

14. Futhi sathumela uNuhu esizweni sakhe, wahlala phakathi kwabo iminyaka eyinkulungwane ususe engamashumi ayisihlanu. Wahlaselwa izikhukhula bengababaphambukile.

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا نُوحًا إِلَىٰ قَوْمِهِۦ فَلَبِثَ فِيهِمْ أَلْفَ سَنَةٍ إِلَّا خَمْسِينَ عَامًا فَأَخَذَهُمُ ٱلطُّوفَانُ وَهُمْ ظَـٰلِمُونَ ﴿١٤﴾

15. Samhelanga yena nalabo ababesemkhunjini sabenza isibonakaliso endalweni yonke.

فَأَنجَيْنَـٰهُ وَأَصْحَـٰبَ ٱلسَّفِينَةِ وَجَعَلْنَـٰهَآ ءَايَةً لِّلْعَـٰلَمِينَ ﴿١٥﴾

16. Landisa ngo Ibhirahimu mhla ethi esizweni sakhe: "Khonzani u Allah nithobele Yena [kuphela], yikona lokho okungcono kakhulu kini ukube nje benazi".

وَإِبْرَٰهِيمَ إِذْ قَالَ لِقَوْمِهِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ وَٱتَّقُوهُ ۖ ذَٰلِكُمْ خَيْرٌ لَّكُمْ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿١٦﴾

17. Lokhu enikukhonzayo ngaphandle kuka Allah izithixo futhi niqamba amanga aluhlaza. Impela lokhu enikukhonzayo ngaphandle kuka Allah akunasondlosenu abanaso, ngakhoke celani isondlo ku Allah futhi nikhonze yena nimbonge, ngokuba niyobuyela kuYe.

إِنَّمَا تَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ أَوْثَـٰنًا وَتَخْلُقُونَ إِفْكًا ۚ إِنَّ ٱلَّذِينَ تَعْبُدُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ لَا يَمْلِكُونَ لَكُمْ رِزْقًا فَٱبْتَغُوا۟ عِندَ ٱللَّهِ ٱلرِّزْقَ وَٱعْبُدُوهُ وَٱشْكُرُوا۟ لَهُۥٓ ۖ إِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿١٧﴾

18. Uma niphika, nezizwe ezinandulelayo nazo zaphika, futhi-ke umsebenzi weSithunywa ukuba sethule umlayezo ocacile.

وَإِن تُكَذِّبُوا۟ فَقَدْ كَذَّبَ أُمَمٌ مِّن قَبْلِكُمْ ۖ وَمَا عَلَى ٱلرَّسُولِ إِلَّا ٱلْبَلَـٰغُ ٱلْمُبِينُ ﴿١٨﴾

أَوَلَمْ يَرَوْا۟ كَيْفَ يُبْدِئُ ٱللَّهُ ٱلْخَلْقَ ثُمَّ يُعِيدُهُۥٓ ۚ إِنَّ ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ يَسِيرٌ ﴿١٩﴾

19. Ababoni yini ukuthi u Allah uyisusa phansi kanjani indalo bese eyiphinda futhi. Impela lokho kulula ku Allah.

قُلْ سِيرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ فَٱنظُرُوا۟ كَيْفَ بَدَأَ ٱلْخَلْقَ ۚ ثُمَّ ٱللَّهُ يُنشِئُ ٱلنَّشْأَةَ ٱلْـَٔاخِرَةَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢٠﴾

20. Yithi: "Hambani emhlabeni, nibheke ukuthi yaqala kanjani indalo yaqala kanjani. Futhi u Allah uyophinda ayivuse futhi. Impela u Allah akahlulwa yilutho.

يُعَذِّبُ مَن يَشَآءُ وَيَرْحَمُ مَن يَشَآءُ ۖ وَإِلَيْهِ تُقْلَبُونَ ﴿٢١﴾

21. Ujezisa amthandayo aphinde ahawukele amthandayo futhi niyobuyela kuYe.

وَمَآ أَنتُم بِمُعْجِزِينَ فِى ٱلْأَرْضِ وَلَا فِى ٱلسَّمَآءِ ۖ وَمَا لَكُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ مِن وَلِىٍّ وَلَا نَصِيرٍ ﴿٢٢﴾

22. Futhi nina anisoze naphunyuka emhlabeni nasezulwini, futhi akekho oyonihlenga noyonisiza ngaphandle kuka Allah.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ وَلِقَآئِهِۦٓ أُو۟لَٰٓئِكَ يَئِسُوا۟ مِن رَّحْمَتِى وَأُو۟لَٰٓئِكَ لَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٢٣﴾

23. Futhi labo abangakholwa imibiko ka Allah nokuhlangana naYe; yilabo asebelahlekelwe yithemba emseni waMi, futhi yibo kanye labo abayothola isijeziso esibuhlungu.

فَمَا كَانَ جَوَابَ قَوْمِهِۦٓ إِلَّآ أَن قَالُوا۟ ٱقْتُلُوهُ أَوْ حَرِّقُوهُ فَأَنجَىٰهُ ٱللَّهُ مِنَ ٱلنَّارِ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَـَٔايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٢٤﴾

24. Impendulo yesizwe sakhe kwavele kwaba ukuthi bathi: "Mbulaleni noma nimshise". Kepha u Allah wamhlenga emlilweni. Impela kulokho kunezibonakaliso kubantu abakholwayo.

وَقَالَ إِنَّمَا ٱتَّخَذْتُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ أَوْثَٰنًا مَّوَدَّةَ بَيْنِكُمْ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۖ ثُمَّ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ يَكْفُرُ بَعْضُكُم بِبَعْضٍ

25. Wathi: "Nivele naziqokela izithixo ngaphandle kuka Allah ukuze kube nozwano phakathi kwenu empilweni yasemhlabeni; ngoSuku lokwahlulela niyophikana nodwa

futhi niqalekisane nodwa, bese isiphetho senu kube umlilo futhi akekho oyonisiza".

وَيَلْعَنُ بَعْضُكُم بَعْضًا وَمَأْوَىٰكُمُ ٱلنَّارُ وَمَا لَكُم مِّن نَّٰصِرِينَ ﴿٢٥﴾

26. u Luti yena wamkholwa [u Ibhirahimu]. Wabe esethi [u Ibhirahimu]: "Ngifudukela eNkosini yami, impela Yona inguSomandla Okhaliphile".

* فَـَٔامَنَ لَهُۥ لُوطٌ ۘ وَقَالَ إِنِّى مُهَاجِرٌ إِلَىٰ رَبِّىٓ ۖ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٢٦﴾

27. Samupha u Isihaki no Yakubu sabeka ubuthunywa neNcwadi ozalweni lwakhe, samnika nomvuzo wakhe emhlabeni futhi nakwelizayo ukanye nabaqotho.

وَوَهَبْنَا لَهُۥٓ إِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَ وَجَعَلْنَا فِى ذُرِّيَّتِهِ ٱلنُّبُوَّةَ وَٱلْكِتَٰبَ وَءَاتَيْنَٰهُ أَجْرَهُۥ فِى ٱلدُّنْيَا ۖ وَإِنَّهُۥ فِى ٱلْءَاخِرَةِ لَمِنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٢٧﴾

28. Futhi landisa ngoLuti mhla ethi kubantu bakhe: "Impela nina nenza amanyala; akukho noyedwa endalweni yonke owake wawenza ngaphambi kwenu".

وَلُوطًا إِذْ قَالَ لِقَوْمِهِۦٓ إِنَّكُمْ لَتَأْتُونَ ٱلْفَٰحِشَةَ مَا سَبَقَكُم بِهَا مِنْ أَحَدٍ مِّنَ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٢٨﴾

29. Nikhanuka amanye amadoda, nibamba nenkuzi futhi nenza izimpambuko ezigungwini zenu. Impendulo yesizwe sakhe kwaba ukuba bathi: "Wena nje silethele isijeziso sika Allah uma uqinisile".

أَئِنَّكُمْ لَتَأْتُونَ ٱلرِّجَالَ وَتَقْطَعُونَ ٱلسَّبِيلَ وَتَأْتُونَ فِى نَادِيكُمُ ٱلْمُنكَرَ ۖ فَمَا كَانَ جَوَابَ قَوْمِهِۦٓ إِلَّآ أَن قَالُوا۟ ٱئْتِنَا بِعَذَابِ ٱللَّهِ إِن كُنتَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿٢٩﴾

30. Wathi: "Nkosi yami ngilekelele ebantwini abonakele".

قَالَ رَبِّ ٱنصُرْنِى عَلَى ٱلْقَوْمِ ٱلْمُفْسِدِينَ ﴿٣٠﴾

31. Kuthe lapho zifika izithunywa zeThu ku Ibhirahimu nezindaba ezinhle, zathi: "Thina siyobhubhisa abantu bakulandawo, impela abantu bakhona baphambukile".

وَلَمَّا جَآءَتْ رُسُلُنَآ إِبْرَٰهِيمَ بِٱلْبُشْرَىٰ قَالُوٓا۟ إِنَّا مُهْلِكُوٓا۟ أَهْلِ هَٰذِهِ ٱلْقَرْيَةِ ۖ إِنَّ أَهْلَهَا كَانُوا۟ ظَٰلِمِينَ ﴿٣١﴾

قَالَ إِنَّ فِيهَا لُوطًا ۚ قَالُوا۟ نَحْنُ أَعْلَمُ بِمَن فِيهَا ۖ لَنُنَجِّيَنَّهُۥ وَأَهْلَهُۥٓ إِلَّا ٱمْرَأَتَهُۥ كَانَتْ مِنَ ٱلْغَٰبِرِينَ ﴿٣٢﴾

32. Wathi: "Kuno Luti kuyo". Bathi: "Sazi kahle ukuthi ubani okuyo. Sizomhlenga yena nomndeni wakhe ngaphandle komkakhe, ngoba uyobhujiswa".

وَلَمَّآ أَن جَآءَتْ رُسُلُنَا لُوطًا سِىٓءَ بِهِمْ وَضَاقَ بِهِمْ ذَرْعًا ۖ وَقَالُوا۟ لَا تَخَفْ وَلَا تَحْزَنْ إِنَّا مُنَجُّوكَ وَأَهْلَكَ إِلَّا ٱمْرَأَتَكَ كَانَتْ مِنَ ٱلْغَٰبِرِينَ ﴿٣٣﴾

33. Kuthe lapho izithunywa zethu zifika ku Luti, wazixwaya wangakhululeka ngazo; zathi: "Ungesabi futhi ungakhathazeki. Thina sizokuhlenga wena nomndeni wakho ngaphandle komkakho ngokuba yena uyobhujiswa".

إِنَّا مُنزِلُونَ عَلَىٰٓ أَهْلِ هَٰذِهِ ٱلْقَرْيَةِ رِجْزًا مِّنَ ٱلسَّمَآءِ بِمَا كَانُوا۟ يَفْسُقُونَ ﴿٣٤﴾

34. Sizokwehlisela ebantwini balendawo isijeziso esivela phezulu ngenxa yokuphula kwabo umthetho.

وَلَقَد تَّرَكْنَا مِنْهَآ ءَايَةًۢ بَيِّنَةً لِّقَوْمٍ يَعْقِلُونَ ﴿٣٥﴾

35. Impela sashiya kuyo isibonakaliso esicacile kubantu abaqondayo.

وَإِلَىٰ مَدْيَنَ أَخَاهُمْ شُعَيْبًا فَقَالَ يَٰقَوْمِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ وَٱرْجُوا۟ ٱلْيَوْمَ ٱلْءَاخِرَ وَلَا تَعْثَوْا۟ فِى ٱلْأَرْضِ مُفْسِدِينَ ﴿٣٦﴾

36. Nabase Madiyana, [sathumela] umfowabo uShu'ayibu, wathi: "Bantu bakithi, khonzani u Allah niphokephelele oSukwini lokugcina ningaphambuki ezweni nenza ukonakala".

فَكَذَّبُوهُ فَأَخَذَتْهُمُ ٱلرَّجْفَةُ فَأَصْبَحُوا۟ فِى دَارِهِمْ جَٰثِمِينَ ﴿٣٧﴾

37. Bamphikisa, bahlaselwa ukuzamazama, kwasa bedindilizile emizini yabo.

وَعَادًا وَثَمُودَا۟ وَقَد تَّبَيَّنَ لَكُم مِّن مَّسَٰكِنِهِمْ ۖ وَزَيَّنَ لَهُمُ ٱلشَّيْطَٰنُ أَعْمَٰلَهُمْ فَصَدَّهُمْ عَنِ ٱلسَّبِيلِ وَكَانُوا۟ مُسْتَبْصِرِينَ ﴿٣٨﴾

38. Futhi sababhubhisa abakwa Adi noTamudi. Impela imizi yabo niyazi kahle. uShayitani wabenzela zinhle izenze zabo [ezimbi] ngaleyo ndlela

wabavimba endleleni eqondile futhi babezibona besengekho ephutheni.

39. NoKaruna noFirawuna noHamani sababhubhisa. Impela uMusa wafika kubo nezibonakaliso , kunalokho baziqhayisa ezweni kepha abaphunyukanga.

وَقَٰرُونَ وَفِرْعَوْنَ وَهَٰمَٰنَ ۖ وَلَقَدْ جَآءَهُم مُّوسَىٰ بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَٱسْتَكْبَرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ وَمَا كَانُوا۟ سَٰبِقِينَ ﴿٣٩﴾

40. Yilowo nalowo sambhubhisa ngempambuko yakhe. Kunalowo kubo esamthumelela ngesiphepho, kube nalowo owahlaselwa umsindo omkhulu, kube nalowo esamgqiba ngomhlaba bese kuba nalowo esamcwilisa. Futhi akusiye u Allah owenza okungebulungiswa kubo kepha yibona abangenzanga ubulungiswa kubo uqobo.

فَكُلًّا أَخَذْنَا بِذَنۢبِهِۦ ۖ فَمِنْهُم مَّنْ أَرْسَلْنَا عَلَيْهِ حَاصِبًا وَمِنْهُم مَّنْ أَخَذَتْهُ ٱلصَّيْحَةُ وَمِنْهُم مَّنْ خَسَفْنَا بِهِ ٱلْأَرْضَ وَمِنْهُم مَّنْ أَغْرَقْنَا ۚ وَمَا كَانَ ٱللَّهُ لِيَظْلِمَهُمْ وَلَٰكِن كَانُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ يَظْلِمُونَ ﴿٤٠﴾

41. Umzekelo walabo abaziqokele abahlengi ngaphandle kuka Allah, bafana nesicabucabu esakha indlu. Impela indlu entekenteke, indlu yesicabucabu; ukube nje bebazi.

مَثَلُ ٱلَّذِينَ ٱتَّخَذُوا۟ مِن دُونِ ٱللَّهِ أَوْلِيَآءَ كَمَثَلِ ٱلْعَنكَبُوتِ ٱتَّخَذَتْ بَيْتًا ۖ وَإِنَّ أَوْهَنَ ٱلْبُيُوتِ لَبَيْتُ ٱلْعَنكَبُوتِ ۚ لَوْ كَانُوا۟ يَعْلَمُونَ ﴿٤١﴾

42. Impela u Allah ukwazi konke lokhu abakukhonzayo ngaphandle kwaKhe futhi unguSomandla Okhaliphile.

إِنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ مَا يَدْعُونَ مِن دُونِهِۦ مِن شَىْءٍ ۚ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٤٢﴾

43. Leyo imizekelo esiyenzela abantu futhi akekho oyiqondayo ngaphandle kwalaba abanolwazi.

وَتِلْكَ ٱلْأَمْثَٰلُ نَضْرِبُهَا لِلنَّاسِ ۖ وَمَا يَعْقِلُهَآ إِلَّا ٱلْعَٰلِمُونَ ﴿٤٣﴾

خَلَقَ ٱللَّهُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَ بِٱلۡحَقِّۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَةٗ لِّلۡمُؤۡمِنِينَ ٤٤

44. U Allah udale amazulu nomhlaba ngeqiniso. Impela kulokho kunesibonakaliso kulabo abakholwayo.

ٱتۡلُ مَآ أُوحِيَ إِلَيۡكَ مِنَ ٱلۡكِتَٰبِ وَأَقِمِ ٱلصَّلَوٰةَۖ إِنَّ ٱلصَّلَوٰةَ تَنۡهَىٰ عَنِ ٱلۡفَحۡشَآءِ وَٱلۡمُنكَرِۗ وَلَذِكۡرُ ٱللَّهِ أَكۡبَرُۗ وَٱللَّهُ يَعۡلَمُ مَا تَصۡنَعُونَ ٤٥

45. Funda lokhu okwembulelwe kuwe eNcwadini futhi uqikelele ukwenza iswala. Impela iswala ivikela emanyaleni nasezimpambukweni. Futhi ukukhumbula u Allah yikona okukhulu. Belu u Allah ukwazi konke enikwenzayo.

* وَلَا تُجَٰدِلُوٓاْ أَهۡلَ ٱلۡكِتَٰبِ إِلَّا بِٱلَّتِي هِيَ أَحۡسَنُ إِلَّا ٱلَّذِينَ ظَلَمُواْ مِنۡهُمۡۖ وَقُولُوٓاْ ءَامَنَّا بِٱلَّذِيٓ أُنزِلَ إِلَيۡنَا وَأُنزِلَ إِلَيۡكُمۡ وَإِلَٰهُنَا وَإِلَٰهُكُمۡ وَٰحِدٞ وَنَحۡنُ لَهُۥ مُسۡلِمُونَ ٤٦

46. Futhi ungaqophisani nabeMibhalo ngaphandle uma kungendlela enhle. Ngaphandle ke kwalabo abangenabulungiswa kubo. Nithi: "Siyakholelwa kulokho okwembulelwe kithi nokwembulelwe kini futhi lona esimkhonzayo nenimkhonzayo uyedwa futhi sizinikele kuYe".

وَكَذَٰلِكَ أَنزَلۡنَآ إِلَيۡكَ ٱلۡكِتَٰبَۚ فَٱلَّذِينَ ءَاتَيۡنَٰهُمُ ٱلۡكِتَٰبَ يُؤۡمِنُونَ بِهِۦۖ وَمِنۡ هَٰٓؤُلَآءِ مَن يُؤۡمِنُ بِهِۦۚ وَمَا يَجۡحَدُ بِـَٔايَٰتِنَآ إِلَّا ٱلۡكَٰفِرُونَ ٤٧

47. Kanjalo sembulela nakuwe iNcwadi. Futhi labo esembulela kubo iNcwadi bayakholelwa kuyo, nakulaba kunalabo abakholelwa kuyo. Futhi akekho ophika imibiko yeThu ngaphandle kwabangakholwa.

وَمَا كُنتَ تَتۡلُواْ مِن قَبۡلِهِۦ مِن كِتَٰبٖ وَلَا تَخُطُّهُۥ بِيَمِينِكَۖ إِذٗا لَّٱرۡتَابَ ٱلۡمُبۡطِلُونَ ٤٨

48. Futhi bewungakaze ufunde ncwadi ngaphambi kwayo [iKurani] noma ke ubhale ngesandla sakhe sokudla. Phela bebezoba nokungabaza laba abaphikayo.

بَلْ هُوَ ءَايَـٰتٌۢ بَيِّنَـٰتٌ فِى صُدُورِ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْعِلْمَ ۚ وَمَا يَجْحَدُ بِـَٔايَـٰتِنَآ إِلَّا ٱلظَّـٰلِمُونَ ﴿٤٩﴾

49. Empeleni [iKurani] iyimibiko ecacile esezinhlizweni zalabo abanikwe ulwazi, futhi akekho ophika imibiko yeThu ngaphandle kwaba ngenabulungiswa.

وَقَالُوا۟ لَوْلَآ أُنزِلَ عَلَيْهِ ءَايَـٰتٌ مِّن رَّبِّهِۦ ۖ قُلْ إِنَّمَا ٱلْـَٔايَـٰتُ عِندَ ٱللَّهِ وَإِنَّمَآ أَنَا۠ نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿٥٠﴾

50. Futhi bathi: "Kungani engehliselwa izibonakaliso esivela eNkosini yakhe na?" Yithi: "Izibonakaliso ziku Allah, mina nje ngingumexwayisi ocacisayo".

أَوَلَمْ يَكْفِهِمْ أَنَّآ أَنزَلْنَا عَلَيْكَ ٱلْكِتَـٰبَ يُتْلَىٰ عَلَيْهِمْ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَرَحْمَةً وَذِكْرَىٰ لِقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٥١﴾

51. Ingabe abaneli ukuthi sembulele kuwe iNcwadi abafundelwa yona na?. Impela kulokho kunomusa nesikhumbuzo kubantu abakholwayo.

قُلْ كَفَىٰ بِٱللَّهِ بَيْنِى وَبَيْنَكُمْ شَهِيدًا ۖ يَعْلَمُ مَا فِى ٱلسَّمَـٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۗ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ بِٱلْبَـٰطِلِ وَكَفَرُوا۟ بِٱللَّهِ أُو۟لَـٰٓئِكَ هُمُ ٱلْخَـٰسِرُونَ ﴿٥٢﴾

52. Yithi: "u Allah wanele njengofakazi phakathi kwami nani, ngoba wazi konke okusemazulwini nasemhlabeni. Futhi labo abakholelwa kumbhedo bese bengakholelwa ku Allah, yibona abalahlekelwe".

وَيَسْتَعْجِلُونَكَ بِٱلْعَذَابِ وَلَوْلَآ أَجَلٌ مُّسَمًّى لَّجَآءَهُمُ ٱلْعَذَابُ ۚ وَلَيَأْتِيَنَّهُم بَغْتَةً وَهُمْ لَا يَشْعُرُونَ ﴿٥٣﴾

53. Futhi bayajaha ngesijeziso. Ukube bengekho ngenxa yesikhathi esibekiwe ngabe kade safika kubo isijeziso. Futhi siyofika kubo bengazelele kulapho benganakile.

يَسْتَعْجِلُونَكَ بِٱلْعَذَابِ وَإِنَّ جَهَنَّمَ لَمُحِيطَةٌۢ بِٱلْكَـٰفِرِينَ ﴿٥٤﴾

54. Bakujaha ngesijeziso, kulapho impela iJahanamu iyobahaqa bonke abangakholwa.

يَوْمَ يَغْشَىٰهُمُ ٱلْعَذَابُ مِن فَوْقِهِمْ وَمِن تَحْتِ أَرْجُلِهِمْ وَيَقُولُ ذُوقُوا۟ مَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٥٥﴾

55. Ngosuku lapho isijeziso sibamboza ngaphezulu nangaphansi kwemilenze yabo, bese ethi [u Allah]: "Zwanini lokho ebenikwenza".

56. Zigqila zaMi ezikholwayo, impela umhlaba waMi ubanzi ngakhoke khonzani Mina kuphela.

يَٰعِبَادِيَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِنَّ أَرۡضِي وَٰسِعَةٞ فَإِيَّيَ فَٱعۡبُدُونِ ٥٦

57. Wonke umphefumulo uyokuzwa ukufa, bese nibuyela kithi.

كُلُّ نَفۡسٖ ذَآئِقَةُ ٱلۡمَوۡتِۖ ثُمَّ إِلَيۡنَا تُرۡجَعُونَ ٥٧

58. Labo abakholwayo benze nokulungileyo sizobabeka eJana emagunjini [aphakeme], okugeleza ngaphansi kwawo imifula bahlale kuwo unaphakade. Waze wamuhle umvuzo wabasebenzayo.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَنُبَوِّئَنَّهُم مِّنَ ٱلۡجَنَّةِ غُرَفٗا تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَاۚ نِعۡمَ أَجۡرُ ٱلۡعَٰمِلِينَ ٥٨

59. Labo ababekezelayo futhi bathembele eNkosini yabo.

ٱلَّذِينَ صَبَرُواْ وَعَلَىٰ رَبِّهِمۡ يَتَوَكَّلُونَ ٥٩

60. Zingakhi izilwane ezingakubeki ukudla kwazo, kepha u Allah uyazondla Kanye nani; futhi Ungozwayo Owaziyo.

وَكَأَيِّن مِّن دَآبَّةٖ لَّا تَحۡمِلُ رِزۡقَهَا ٱللَّهُ يَرۡزُقُهَا وَإِيَّاكُمۡۖ وَهُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلۡعَلِيمُ ٦٠

61. Uma ungababuza ukuthi, ngubani owadala amazulu nomhlaba waphinda wajuba ilanga nenyanga na? Bayothi: "Ngu Allah". Pho bayengwa kanjani ngamanga na?

وَلَئِن سَأَلۡتَهُم مَّنۡ خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَ وَسَخَّرَ ٱلشَّمۡسَ وَٱلۡقَمَرَ لَيَقُولُنَّ ٱللَّهُۖ فَأَنَّىٰ يُؤۡفَكُونَ ٦١

62. U Allah upha ngenala isondlo kulowo amthandayo aphinde futhi amswinye. Impela u Allah wazi yonke into.

ٱللَّهُ يَبۡسُطُ ٱلرِّزۡقَ لِمَن يَشَآءُ مِنۡ عِبَادِهِۦ وَيَقۡدِرُ لَهُۥٓۚ إِنَّ ٱللَّهَ بِكُلِّ شَيۡءٍ عَلِيمٞ ٦٢

63. Uma ungababuza ukuthi, ngubani oletha amanzi emvula wavusa ngawo umhlaba emuva kokuba ubusufile na? Bayothi: "Ngu Allah" Yithi "Lonke udumo ngoluka Allah, kepha iningi labo aliqondi".

وَلَئِن سَأَلۡتَهُم مَّن نَّزَّلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءٗ فَأَحۡيَا بِهِ ٱلۡأَرۡضَ مِنۢ بَعۡدِ مَوۡتِهَا لَيَقُولُنَّ ٱللَّهُۚ قُلِ ٱلۡحَمۡدُ لِلَّهِۚ بَلۡ أَكۡثَرُهُمۡ لَا يَعۡقِلُونَ ٦٣

64. Lempilo yasemhlabeni iwukuchitha isikhathi nomdlalo nje. Futhi umuzi wakwelizayo yiwona impela impilo, ukube nje bebazi.

وَمَا هَٰذِهِ ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَآ إِلَّا لَهْوٌ وَلَعِبٌ ۚ وَإِنَّ ٱلدَّارَ ٱلْءَاخِرَةَ لَهِىَ ٱلْحَيَوَانُ ۚ لَوْ كَانُوا۟ يَعْلَمُونَ ﴿٦٤﴾

65. Uma sebegibele emkhunjini, bakhuleka ku Allah kuphela ngobumsulwa; kepha uma esebehlengele emhlabeni, yibo labaya sebeyabhangqa.

فَإِذَا رَكِبُوا۟ فِى ٱلْفُلْكِ دَعَوُا۟ ٱللَّهَ مُخْلِصِينَ لَهُ ٱلدِّينَ فَلَمَّا نَجَّىٰهُمْ إِلَى ٱلْبَرِّ إِذَا هُمْ يُشْرِكُونَ ﴿٦٥﴾

66. Baze bangabongi lokhu esibaphe kona futhi bazijabulise, kepha bazokwazi.

لِيَكْفُرُوا۟ بِمَآ ءَاتَيْنَٰهُمْ وَلِيَتَمَتَّعُوا۟ ۚ فَسَوْفَ يَعْلَمُونَ ﴿٦٦﴾

67. Ingabe ababoni ukuthi senze iHaramu [iMakha] kwaba indawo ephephile kulapho abantu behlwitha eceleni kwabo. Ingabe bakholelwa kumbhedo bangabongi isibusiso sika Allah na?

أَوَلَمْ يَرَوْا۟ أَنَّا جَعَلْنَا حَرَمًا ءَامِنًا وَيُتَخَطَّفُ ٱلنَّاسُ مِنْ حَوْلِهِمْ ۚ أَفَبِٱلْبَٰطِلِ يُؤْمِنُونَ وَبِنِعْمَةِ ٱللَّهِ يَكْفُرُونَ ﴿٦٧﴾

68. Ngubani ongenabulungiswa ukudlula lowo oqambela u Allah amanga noma ophika iqiniso lapho lifika kuye na? Kanti iJahanamu akusikho yini lapho okuyokhesela khona abangakholwa na?

وَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّنِ ٱفْتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا أَوْ كَذَّبَ بِٱلْحَقِّ لَمَّا جَآءَهُۥٓ ۗ أَلَيْسَ فِى جَهَنَّمَ مَثْوًى لِّلْكَٰفِرِينَ ﴿٦٨﴾

69. Labo abazikhandlayo ngaThi, sizobaholela ezindleleni zeThu. Futhi impela u Allah unalabo abenza okuhle.

وَٱلَّذِينَ جَٰهَدُوا۟ فِينَا لَنَهْدِيَنَّهُمْ سُبُلَنَا ۚ وَإِنَّ ٱللَّهَ لَمَعَ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٦٩﴾

(30) SURA RUMI
AMAROMA

سُورَةُ الرُّومِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Alif-Lam-Mim.

الٓمٓ ﴿١﴾

2. Amaroma ayonqotshwa.

غُلِبَتِ ٱلرُّومُ ﴿٢﴾

3. Ezanzi nezwe futhi bayophinde banqobe emuva kokunqotshwa kwabo.

فِيٓ أَدۡنَى ٱلۡأَرۡضِ وَهُم مِّنۢ بَعۡدِ غَلَبِهِمۡ سَيَغۡلِبُونَ ﴿٣﴾

4. Eminyakeni emithathu kuya kweyishumi. Ukulawula ngokuka Allah ekuqaleni nasemuva. Futhi ngalolo suku abakholwayo bayothokoza...

فِي بِضۡعِ سِنِينَۗ لِلَّهِ ٱلۡأَمۡرُ مِن قَبۡلُ وَمِنۢ بَعۡدُۚ وَيَوۡمَئِذٖ يَفۡرَحُ ٱلۡمُؤۡمِنُونَ ﴿٤﴾

5. Ngosizo luka Allah. Usiza amthandayo futhi unguSomandla Onesihawu.

بِنَصۡرِ ٱللَّهِۚ يَنصُرُ مَن يَشَآءُۖ وَهُوَ ٱلۡعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٥﴾

6. Isethembiso sika Allah, u Allah akasephuli isethembiso saKhe kepha iningi labantu abazi.

وَعۡدَ ٱللَّهِۖ لَا يُخۡلِفُ ٱللَّهُ وَعۡدَهُۥ وَلَٰكِنَّ أَكۡثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعۡلَمُونَ ﴿٦﴾

7. Bazi lokhu okosobala empilweni yasemhlabeni kulapho bengenandaba nekwelizayo.

يَعۡلَمُونَ ظَٰهِرٗا مِّنَ ٱلۡحَيَوٰةِ ٱلدُّنۡيَا وَهُمۡ عَنِ ٱلۡأٓخِرَةِ هُمۡ غَٰفِلُونَ ﴿٧﴾

8. Ingabe abajulanga bona ngokwabo na?. U Allah udale amazulu nomhlaba ngeqiniso

أَوَلَمۡ يَتَفَكَّرُواْ فِيٓ أَنفُسِهِمۡۗ مَّا خَلَقَ ٱللَّهُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَ وَمَا بَيۡنَهُمَآ

nesukhathi esibekiwe. Impela iningi labantu abakholwa ukuthi bayohlangana neNkosi yabo.

إِلَّا بِٱلْحَقِّ وَأَجَلٍ مُّسَمًّى ۗ وَإِنَّ كَثِيرًا مِّنَ ٱلنَّاسِ بِلِقَآئِ رَبِّهِمْ لَكَٰفِرُونَ ﴿٨﴾

9. Abazenge yini bahambe emhlabeni babheke ukuthi saba njani isiphetho salabo ababandulelayo. Babenamandla ukudlula bona futhi babephendula umhlaba futhi bawuphucula ukudlula bona. Zafika kubo iZithunywa zabo nezibonakaliso; akusiyena u Allah ongenzanga ubulungiswa kubo kepha yibona abangenzanga ubulungiswa kubona uqobo.

أَوَلَمْ يَسِيرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ فَيَنظُرُوا۟ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۚ كَانُوٓا۟ أَشَدَّ مِنْهُمْ قُوَّةً وَأَثَارُوا۟ ٱلْأَرْضَ وَعَمَرُوهَآ أَكْثَرَ مِمَّا عَمَرُوهَا وَجَآءَتْهُمْ رُسُلُهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ ۖ فَمَا كَانَ ٱللَّهُ لِيَظْلِمَهُمْ وَلَٰكِن كَانُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ يَظْلِمُونَ ﴿٩﴾

10. Isiphetho salabo abenza okubi kwaba esibi ngoba baphika imibiko yeThu futhi babehlekisa ngayo.

ثُمَّ كَانَ عَٰقِبَةَ ٱلَّذِينَ أَسَٰٓـُٔوا۟ ٱلسُّوٓأَىٰٓ أَن كَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ وَكَانُوا۟ بِهَا يَسْتَهْزِءُونَ ﴿١٠﴾

11. U Allah udala indalo eyisusa phansi bese eyiphinda, futhi niyobuyela kuYe.

ٱللَّهُ يَبْدَؤُا۟ ٱلْخَلْقَ ثُمَّ يُعِيدُهُۥ ثُمَّ إِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿١١﴾

12. Futhi ngosuku lapho iSikhathi [sokwahlulela] sesifika, izephula mthetho ziyodideka.

وَيَوْمَ تَقُومُ ٱلسَّاعَةُ يُبْلِسُ ٱلْمُجْرِمُونَ ﴿١٢﴾

13. Bayobe bengesenaye oyobashwelezela kuzikhonzwa zabo, futhi bayoziphika izikhonzwa zabo.

وَلَمْ يَكُن لَّهُم مِّن شُرَكَآئِهِمْ شُفَعَٰٓؤُا۟ وَكَانُوا۟ بِشُرَكَآئِهِمْ كَٰفِرِينَ ﴿١٣﴾

14. Futhi ngosuku lapho iSikhathi [sokwahlulela] sifika; ngalolo suku bayohlukana.

وَيَوْمَ تَقُومُ ٱلسَّاعَةُ يَوْمَئِذٍ يَتَفَرَّقُونَ ﴿١٤﴾

15. Labo abakholwayo benza nokulingileyo, bayobe besesivandeni bejatshuliswa.

فَأَمَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ فَهُمۡ فِي رَوۡضَةٖ يُحۡبَرُونَ ١٥

16. Kuthi labo abangakholwa baphika nemibiko yeThu nokuhlangana kwelizayo, laboke bayosiwa esijezisweni.

وَأَمَّا ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَكَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا وَلِقَآءِ ٱلۡأٓخِرَةِ فَأُوْلَٰٓئِكَ فِي ٱلۡعَذَابِ مُحۡضَرُونَ ١٦

17. Ungcwele u Allah lapho kuhwalala nalapho kusa.

فَسُبۡحَٰنَ ٱللَّهِ حِينَ تُمۡسُونَ وَحِينَ تُصۡبِحُونَ ١٧

18. Futhi udumo lonke ngolwaKhe emazulwini nasemhlabeni, nasebusuku nasemini.

وَلَهُ ٱلۡحَمۡدُ فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِ وَعَشِيّٗا وَحِينَ تُظۡهِرُونَ ١٨

19. Ukhiqiza okuphilayo kokufile, aphinde akhiqize okufile kokuphilayo. Futhi uvuselela umhlaba emuva kokuba bewufile. Futhi nani niyokhishwa kanjalo [mhla nivuswa emathuneni].

يُخۡرِجُ ٱلۡحَيَّ مِنَ ٱلۡمَيِّتِ وَيُخۡرِجُ ٱلۡمَيِّتَ مِنَ ٱلۡحَيِّ وَيُحۡيِ ٱلۡأَرۡضَ بَعۡدَ مَوۡتِهَاۚ وَكَذَٰلِكَ تُخۡرَجُونَ ١٩

20. Ezinye zezibonakaliso zaKhe ukuthi unidale ngenhlabathi nase naba ngabantu nasabalala.

وَمِنۡ ءَايَٰتِهِۦٓ أَنۡ خَلَقَكُم مِّن تُرَابٍ ثُمَّ إِذَآ أَنتُم بَشَرٞ تَنتَشِرُونَ ٢٠

21. Futhi ezinye zezibonakaliso zaKhe ukuthi wanidalela abalingani bohlobo lwenu ukuze nithole ukuthula kubo futhi wenza kwaba nothando nomusa phakathi kwenu. Impela kulokho kunezibonakaliso kubantu abahlaziyayo.

وَمِنۡ ءَايَٰتِهِۦٓ أَنۡ خَلَقَ لَكُم مِّنۡ أَنفُسِكُمۡ أَزۡوَٰجٗا لِّتَسۡكُنُوٓاْ إِلَيۡهَا وَجَعَلَ بَيۡنَكُم مَّوَدَّةٗ وَرَحۡمَةًۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَٰتٖ لِّقَوۡمٖ يَتَفَكَّرُونَ ٢١

22. Futhi ezinye zezibonakaliso zaKhe ukudalwa kwamazulu nomhlaba nokuhluka kwezilimi zenu nemibala yenu [yesikhumba]. Impela kulokho kunezibonakaliso kulabo abanolwazi.

وَمِنْ ءَايَٰتِهِۦ خَلْقُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَٱخْتِلَٰفُ أَلْسِنَتِكُمْ وَأَلْوَٰنِكُمْ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّلْعَٰلِمِينَ ﴿٢٢﴾

23. Futhi ezinye zezibonakaliso zaKhe ukulala kwenu ebusuku nasemini nokuthungatha kwenu umusa waKhe. Impela kulokho kunezibonakaliso kubantu abezwayo.

وَمِنْ ءَايَٰتِهِۦ مَنَامُكُم بِٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ وَٱبْتِغَآؤُكُم مِّن فَضْلِهِۦٓ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يَسْمَعُونَ ﴿٢٣﴾

24. Futhi kwezinye zezibonakaliso zaKhe unibonisa umbani nesabe [ukushaywa yiwo] futhi nibe nethemba [lemvula]. Futhi wehlisa amanzi emvula avuselele ngawo umhlaba emuva kokuba ubusufile. Impela kulokho kunezibinakaliso kubantu abaqondayo.

وَمِنْ ءَايَٰتِهِۦ يُرِيكُمُ ٱلْبَرْقَ خَوْفًا وَطَمَعًا وَيُنَزِّلُ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَيُحْىِۦ بِهِ ٱلْأَرْضَ بَعْدَ مَوْتِهَآ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يَعْقِلُونَ ﴿٢٤﴾

25. Futhi kwezinye zezibonakaliso zaKhe ukuthi isibhakabhaka nomhlaba kume ngomyalelo waKhe. Futhi kuyothi lapho enibiza kanye emhlabeni niyovele niphume.

وَمِنْ ءَايَٰتِهِۦٓ أَن تَقُومَ ٱلسَّمَآءُ وَٱلْأَرْضُ بِأَمْرِهِۦ ۚ ثُمَّ إِذَا دَعَاكُمْ دَعْوَةً مِّنَ ٱلْأَرْضِ إِذَآ أَنتُمْ تَخْرُجُونَ ﴿٢٥﴾

26. Wonke osemazulwini nasemhlabeni ungowaKhe; bonke bathobela Yena.

وَلَهُۥ مَن فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ كُلٌّ لَّهُۥ قَٰنِتُونَ ﴿٢٦﴾

27. Futhi nguYena owaqala indalo futhi uyophinda ayivuse [emuva kokufa kwayo], futhi kulula kakhulu kuYe. Kunjalo nje Yena unomfanekiso ophezulu

وَهُوَ ٱلَّذِى يَبْدَؤُا۟ ٱلْخَلْقَ ثُمَّ يُعِيدُهُۥ وَهُوَ أَهْوَنُ عَلَيْهِ ۚ وَلَهُ ٱلْمَثَلُ ٱلْأَعْلَىٰ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٢٧﴾

emazulwini nasemhlabeni; futhi unguSomandla Okhaliphile.

ضَرَبَ لَكُم مَّثَلًا مِّنْ أَنفُسِكُمْ ۖ هَل لَّكُم مِّن مَّا مَلَكَتْ أَيْمَٰنُكُم مِّن شُرَكَآءَ فِى مَا رَزَقْنَٰكُمْ فَأَنتُمْ فِيهِ سَوَآءٌ تَخَافُونَهُمْ كَخِيفَتِكُمْ أَنفُسَكُمْ ۚ كَذَٰلِكَ نُفَصِّلُ ٱلْءَايَٰتِ لِقَوْمٍ يَعْقِلُونَ ﴿٢٨﴾

28. Unenzele umzekelo ngani uqobo. Ingabe nina nezigqila zenu ningabalingani kulokho esinabele kona [kumcebo], ngokulingana, nibasaba njengoba nisaba nina uqobo [eningezigqila] na?. Siyicacisa kanjalo imibiko kubantu abaqondayo.

بَلِ ٱتَّبَعَ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوٓا۟ أَهْوَآءَهُم بِغَيْرِ عِلْمٍ ۖ فَمَن يَهْدِى مَنْ أَضَلَّ ٱللَّهُ ۖ وَمَا لَهُم مِّن نَّٰصِرِينَ ﴿٢٩﴾

29. Empeleni laba abangenabulungiswa balandela izinkanuko zabo ngokungeqiniso. Ingabe-ke ubani oyohola lowo odukiswe ngu Allah na? Futhi akekho oyobasiza.

فَأَقِمْ وَجْهَكَ لِلدِّينِ حَنِيفًا ۚ فِطْرَتَ ٱللَّهِ ٱلَّتِى فَطَرَ ٱلنَّاسَ عَلَيْهَا ۚ لَا تَبْدِيلَ لِخَلْقِ ٱللَّهِ ۚ ذَٰلِكَ ٱلدِّينُ ٱلْقَيِّمُ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٣٠﴾

30. Bambelela enkolweni ngobumsulwa; ubambelele esimeni sobumsulwa sika Allah lesi adalela kuso abantu. Akekho oyoguqula indalo ka Allah. Leyo iyona ndlela eqondile kepha iningi labantu alazi.

* مُنِيبِينَ إِلَيْهِ وَٱتَّقُوهُ وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَلَا تَكُونُوا۟ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿٣١﴾

31. Ngokuzinikela kuYe futhi nimuthobele. Niqikelele ukwenza iswala futhi ningabi ngababhangqi [abakhonza izyithixo].

مِنَ ٱلَّذِينَ فَرَّقُوا۟ دِينَهُمْ وَكَانُوا۟ شِيَعًا ۖ كُلُّ حِزْبٍۭ بِمَا لَدَيْهِمْ فَرِحُونَ ﴿٣٢﴾

32. Labo abahlakaza inkolo yabo babe ngamaqembu; lonke iqembu lijabule ngalokho elinakho[1].

1 Okusho ukuthi iqembu neqembu alizihluphi noma lizikhathaze ngokuthola lokho okuyilona iqiniso langempela, kunalokho bavane baneliseke ngalemikhuba abayenzayo okuyiyona ebahlakazayo neyakha uqhekeko phakathi kwabo. AmaMusilimu ayexwayiswa ukuba angayithabathi lendlela nokuthi angazifanisi ngalokho nabantu abangazikhathazi ngokuthokozisa uMdali wabo.

33. Uma abantu behlelwa ubunzima bakhuleka ku Allah ngokuzinikela kuYe. Kepha uma esebazwise umusa ovela kuYe, ubona ngabanye babo sebebhangqa iNkosi yabo.

34. Ngaleyo ndlela bangakubongi lokhu esibaphe kona. Zijabuliseni, maduze nje nizokwazi.

35. Kumbe sibalethele ubufakazi obukhuluma ngalokho abakubhangqa naYe na?

36. Futhi uma sizwisa abantu umusa, bayajabulela. Kepha uma behlelwa umshophi ngenxa yemisebenzi yezandla zabo, bavele balahle ithemba.

37. Ababoni yini ukuthi u Allah wandisela futhi answinye amthandayo isondlo. Impela kulokho kuzibonakaliso kubantu abakholwayo.

38. Nikeza izihlobo okuyilungelo labo kanjalo nompofu nomhambi. Lokho yikona okungcono kakhulu kulabo abafuna Ubuso buka Allah futhi labo yibona abayophumelela.

39. Futhi konke lokhu okuyinzalo enikwengezayo emcebeni wabantu akusoze kwanda ku Allah. Kuthi lokhu enikhiphayo okuyizakati nilangazelele Ubuso buka Allah; yibona labo abayohlomula ngokuphindiwe.

وَإِذَا مَسَّ ٱلنَّاسَ ضُرٌّ دَعَوْا۟ رَبَّهُم مُّنِيبِينَ إِلَيْهِ ثُمَّ إِذَآ أَذَاقَهُم مِّنْهُ رَحْمَةً إِذَا فَرِيقٌ مِّنْهُم بِرَبِّهِمْ يُشْرِكُونَ ﴿٣٣﴾

لِيَكْفُرُوا۟ بِمَآ ءَاتَيْنَٰهُمْ ۚ فَتَمَتَّعُوا۟ فَسَوْفَ تَعْلَمُونَ ﴿٣٤﴾

أَمْ أَنزَلْنَا عَلَيْهِمْ سُلْطَٰنًا فَهُوَ يَتَكَلَّمُ بِمَا كَانُوا۟ بِهِۦ يُشْرِكُونَ ﴿٣٥﴾

وَإِذَآ أَذَقْنَا ٱلنَّاسَ رَحْمَةً فَرِحُوا۟ بِهَا ۖ وَإِن تُصِبْهُمْ سَيِّئَةٌۢ بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيهِمْ إِذَا هُمْ يَقْنَطُونَ ﴿٣٦﴾

أَوَلَمْ يَرَوْا۟ أَنَّ ٱللَّهَ يَبْسُطُ ٱلرِّزْقَ لِمَن يَشَآءُ وَيَقْدِرُ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٣٧﴾

فَـَٔاتِ ذَا ٱلْقُرْبَىٰ حَقَّهُۥ وَٱلْمِسْكِينَ وَٱبْنَ ٱلسَّبِيلِ ۚ ذَٰلِكَ خَيْرٌ لِّلَّذِينَ يُرِيدُونَ وَجْهَ ٱللَّهِ ۖ وَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُفْلِحُونَ ﴿٣٨﴾

وَمَآ ءَاتَيْتُم مِّن رِّبًا لِّيَرْبُوَا۟ فِىٓ أَمْوَٰلِ ٱلنَّاسِ فَلَا يَرْبُوا۟ عِندَ ٱللَّهِ ۖ وَمَآ ءَاتَيْتُم مِّن زَكَوٰةٍ تُرِيدُونَ وَجْهَ ٱللَّهِ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُضْعِفُونَ ﴿٣٩﴾

40. U Allah nguYena onidalile banondla futhi nguYena othatha impilo yenu aphinde anivuse. Ingabe ukhona yini ongakwenza nakancane okunye kwalokho na? Ungcwele futhi uphakeme u Allah kunalokho abakubhangqayo.

ٱللَّهُ ٱلَّذِى خَلَقَكُمْ ثُمَّ رَزَقَكُمْ ثُمَّ يُمِيتُكُمْ ثُمَّ يُحْيِيكُمْ ۖ هَلْ مِن شُرَكَآئِكُم مَّن يَفْعَلُ مِن ذَٰلِكُم مِّن شَىْءٍ ۚ سُبْحَٰنَهُۥ وَتَعَٰلَىٰ عَمَّا يُشْرِكُونَ ﴿٤٠﴾

41. Ukonakala sekudlangile ezweni nasolwandle ngenxa yemisebenzi yezandla zabantu; ukuze abazwise okunye kwalokho abakwenzile hleze bazisole.

ظَهَرَ ٱلْفَسَادُ فِى ٱلْبَرِّ وَٱلْبَحْرِ بِمَا كَسَبَتْ أَيْدِى ٱلنَّاسِ لِيُذِيقَهُم بَعْضَ ٱلَّذِى عَمِلُوا۟ لَعَلَّهُمْ يَرْجِعُونَ ﴿٤١﴾

42. Yithi: "Hambani emhlabeni, nibheke ukuthi saba njani isiphetho salaba baphambilini. Iningi labe lingababhagqayo [abakhonza izithixo].

قُلْ سِيرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ فَٱنظُرُوا۟ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلُ ۚ كَانَ أَكْثَرُهُم مُّشْرِكِينَ ﴿٤٢﴾

43. Bambelela enkolweni eqondile lungakafiki usuku lolo ku Allah olungeke lwaphindiselwa emuva; ngalolo suku bayosabalala.

فَأَقِمْ وَجْهَكَ لِلدِّينِ ٱلْقَيِّمِ مِن قَبْلِ أَن يَأْتِىَ يَوْمٌ لَّا مَرَدَّ لَهُۥ مِنَ ٱللَّهِ ۖ يَوْمَئِذٍ يَصَّدَّعُونَ ﴿٤٣﴾

44. Lowo ongakholwa, ukungakholwa kwakhe makusale naye. Futhi labo owenza okulungileyo, baziphembela bona.

مَن كَفَرَ فَعَلَيْهِ كُفْرُهُۥ ۖ وَمَنْ عَمِلَ صَٰلِحًا فَلِأَنفُسِهِمْ يَمْهَدُونَ ﴿٤٤﴾

45. Ukuze ahlomulise emseni waKhe labo abakholwayo nabenza okulungileyo; impela Yena akabathandi abangakholwa.

لِيَجْزِىَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ مِن فَضْلِهِۦٓ ۚ إِنَّهُۥ لَا يُحِبُّ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٤٥﴾

وَمِنْ ءَايَٰتِهِۦٓ أَن يُرْسِلَ ٱلرِّيَاحَ مُبَشِّرَٰتٍ وَلِيُذِيقَكُم مِّن رَّحْمَتِهِۦ وَلِتَجْرِىَ ٱلْفُلْكُ بِأَمْرِهِۦ وَلِتَبْتَغُوا۟ مِن فَضْلِهِۦ وَلَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿٤٦﴾

46. Kwezinye zezibonakaliso zaKhe, ukuthi uthumela imimoya ethula izindaba ezinhle [zemvula], ukuze anizwise umusa waKhe nokuthi umkhumbi uhambe ngomyalelo waKhe nokuthi nizithungathelele ezibusisweni zaKhe, hleze nibonge.

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا مِن قَبْلِكَ رُسُلًا إِلَىٰ قَوْمِهِمْ فَجَآءُوهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَٱنتَقَمْنَا مِنَ ٱلَّذِينَ أَجْرَمُوا۟ ۖ وَكَانَ حَقًّا عَلَيْنَا نَصْرُ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٤٧﴾

47. Futhi sathumela iZithunywa kuzizwe zazo ngaphambi kwakho; zafika kubo nobufakazi. Kepha saziphindiselela kulabo abephula umthetho, futhi kumele sibasize laba abakholwayo.

ٱللَّهُ ٱلَّذِى يُرْسِلُ ٱلرِّيَٰحَ فَتُثِيرُ سَحَابًا فَيَبْسُطُهُۥ فِى ٱلسَّمَآءِ كَيْفَ يَشَآءُ وَيَجْعَلُهُۥ كِسَفًا فَتَرَى ٱلْوَدْقَ يَخْرُجُ مِنْ خِلَٰلِهِۦ ۖ فَإِذَآ أَصَابَ بِهِۦ مَن يَشَآءُ مِنْ عِبَادِهِۦٓ إِذَا هُمْ يَسْتَبْشِرُونَ ﴿٤٨﴾

48. U Allah uthumela imimoya esabalalisa amafu bese ewandlala esibhakabhakeni ngokuthanda kwaKhe awesenze amacozucozu; bese ubona imvula iphuma ngaphakathi kwawo. Ube eseyinisela loyo amthandayo ezigqileni zaKhe, kube yibo labaya sebejabula.

وَإِن كَانُوا۟ مِن قَبْلِ أَن يُنَزَّلَ عَلَيْهِم مِّن قَبْلِهِۦ لَمُبْلِسِينَ ﴿٤٩﴾

49. Nakuba ngaphambi kokuba ine kubo bebe sebengenalo ithemba.

فَٱنظُرْ إِلَىٰٓ ءَاثَٰرِ رَحْمَتِ ٱللَّهِ كَيْفَ يُحْىِ ٱلْأَرْضَ بَعْدَ مَوْتِهَآ ۚ إِنَّ ذَٰلِكَ لَمُحْىِ ٱلْمَوْتَىٰ ۖ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٥٠﴾

50. Bheka nje imithethelela yomusa ka Allah, ukuthi uwuvuselela kanjani umhlaba emuva kokufa kwawo. Impela loyo uyakwazi nakanjani ukuvusa abafileyo futhi akehlulwa yilutho.

وَلَئِنْ أَرْسَلْنَا رِيحًا فَرَأَوْهُ مُصْفَرًّا لَّظَلُّوا۟ مِنۢ بَعْدِهِۦ يَكْفُرُونَ ﴿٥١﴾

51. Futhi noma singathumela umoya, bazibone [izitshalo] ziba luphuzi [zifa]; bayolokhu beqhubeke njalo emuva kwakho lokho bengabongi.

فَإِنَّكَ لَا تُسْمِعُ ٱلْمَوْتَىٰ وَلَا تُسْمِعُ ٱلصُّمَّ ٱلدُّعَآءَ إِذَا وَلَّوْا۟ مُدْبِرِينَ ﴿٥٢﴾

52. Ngempela wena awukwazi ukwenza abafileyo bezwe futhi awukwazi ukwenza izimumu sizwe isimemo uma bebaleka bengenendaba.

وَمَآ أَنتَ بِهَٰدِ ٱلْعُمْىِ عَن ضَلَٰلَتِهِمْ ۖ إِن تُسْمِعُ إِلَّا مَن يُؤْمِنُ بِـَٔايَٰتِنَا فَهُم مُّسْلِمُونَ ﴿٥٣﴾

53. Futhi awukwazi ukuhola izimpumputhe uyikhipe ekudukeni kwazo. Labo okuyibona ongabenza bakulalele yilabo abakholelwa kumibiko yeThu futhi bengaMamusilimu.

* ٱللَّهُ ٱلَّذِى خَلَقَكُم مِّن ضَعْفٍ ثُمَّ جَعَلَ مِنۢ بَعْدِ ضَعْفٍ قُوَّةً ثُمَّ جَعَلَ مِنۢ بَعْدِ قُوَّةٍ ضَعْفًا وَشَيْبَةً ۚ يَخْلُقُ مَا يَشَآءُ ۚ وَهُوَ ٱلْعَلِيمُ ٱلْقَدِيرُ ﴿٥٤﴾

54. U Allah nguYena lona owanidala nibuthaka wase enipha amandla emuva kobuthaka waphinde wanenza emuvakokuba namandla nabuthaka naguga; udala akuthandayo futhi Unolwazi Unamandla.

وَيَوْمَ تَقُومُ ٱلسَّاعَةُ يُقْسِمُ ٱلْمُجْرِمُونَ مَا لَبِثُوا۟ غَيْرَ سَاعَةٍ ۚ كَذَٰلِكَ كَانُوا۟ يُؤْفَكُونَ ﴿٥٥﴾

55. Futhi ngosuku lapho sifika iSikhathi [sokwahlulela], iziphula mthetho ziyofunga zigomele ukuthi zahlala nje isikhashana [emangcwabeni]. Phela babedukiswa kanjalo.

وَقَالَ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْعِلْمَ وَٱلْإِيمَٰنَ لَقَدْ لَبِثْتُمْ فِى كِتَٰبِ ٱللَّهِ إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْبَعْثِ ۖ فَهَٰذَا يَوْمُ ٱلْبَعْثِ وَلَٰكِنَّكُمْ كُنتُمْ لَا تَعْلَمُونَ ﴿٥٦﴾

56. Laba abanikwa ulwazi nokholo bayothi: "Ngokulotshiwe eNcwadini ka Allah, nihlale kwaze kwaba usuku lokuvuswa. Yilona-ke lolu usuku lokuvuswa kepha beningazi".

فَيَوْمَئِذٍ لَّا يَنفَعُ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟
مَعْذِرَتُهُمْ وَلَا هُمْ يُسْتَعْتَبُونَ ﴿٥٧﴾

57. Ngalolo suku, labo abaphambukile izizaba zabo ngeke zibasize ngalutho futhi abayikunikwa thuba lokuzincengela.

وَلَقَدْ ضَرَبْنَا لِلنَّاسِ فِى هَٰذَا ٱلْقُرْءَانِ
مِن كُلِّ مَثَلٍ ۚ وَلَئِن جِئْتَهُم بِـَٔايَةٍ لَّيَقُولَنَّ
ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ إِنْ أَنتُمْ إِلَّا مُبْطِلُونَ ﴿٥٨﴾

58. Impela zibenzele abantu yonke imizekelo kule Kurani. Kepha uma ubalethela umbiko owodwa laba abangakholwa bathi: "Niyazibhedele nje".

كَذَٰلِكَ يَطْبَعُ ٱللَّهُ عَلَىٰ قُلُوبِ ٱلَّذِينَ لَا
يَعْلَمُونَ ﴿٥٩﴾

59. U Allah uzivala kanjalo izinhliziyo zalaba abangenalwazi.

فَٱصْبِرْ إِنَّ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقٌّ ۖ وَلَا
يَسْتَخِفَّنَّكَ ٱلَّذِينَ لَا يُوقِنُونَ ﴿٦٠﴾

60. Ngakhoke, bekezela, ngokuba isethembiso sika Allah siyiqiniso futhi ungabavumeli bakuqede umoya laba abangenasiqiniseko.

(31) SURA LUKUMANI
ULUKUMANI

سُورَةُ لُقمَانَ

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

الٓمٓ ﴿١﴾
تِلۡكَ ءَايَٰتُ ٱلۡكِتَٰبِ ٱلۡحَكِيمِ ﴿٢﴾

1. Alif-Lam-Mim
2. Lena imibiko yeNcwadi Ekhaliphile.

هُدٗى وَرَحۡمَةٗ لِّلۡمُحۡسِنِينَ ﴿٣﴾

3. Ingumholi nomusa kulabo abenza okuhle.

ٱلَّذِينَ يُقِيمُونَ ٱلصَّلَوٰةَ وَيُؤۡتُونَ ٱلزَّكَوٰةَ وَهُم بِٱلۡأٓخِرَةِ هُمۡ يُوقِنُونَ ﴿٤﴾

4. Labo abaqikelela ukwenza iswala bakhiphe nezakati futhi banesiqiniseko ngelakwelizayo.

أُوْلَٰٓئِكَ عَلَىٰ هُدٗى مِّن رَّبِّهِمۡۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡمُفۡلِحُونَ ﴿٥﴾

5. Laba basekuholweni okuvela eNkosini yabo futhi labo yibona abayophumelela.

وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يَشۡتَرِي لَهۡوَ ٱلۡحَدِيثِ لِيُضِلَّ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ بِغَيۡرِ عِلۡمٖ وَيَتَّخِذَهَا هُزُوًاۚ أُوْلَٰٓئِكَ لَهُمۡ عَذَابٞ مُّهِينٞ ﴿٦﴾

6. Futhi kunalowo kubantu okhetha inkulumo ewubhedo ukuze adukise [abantu] endleleni ka Allah [i-Isilamu] ngokungenalwazi aphinde ayenze inhlekisa.

وَإِذَا تُتۡلَىٰ عَلَيۡهِ ءَايَٰتُنَا وَلَّىٰ مُسۡتَكۡبِرٗا كَأَن لَّمۡ يَسۡمَعۡهَا كَأَنَّ فِيٓ أُذُنَيۡهِ وَقۡرٗاۖ فَبَشِّرۡهُ بِعَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿٧﴾

7. Futhi uma efundelwa imibiko yeThu, uvele afulathele ngokuzigqaja kube ngathi akayizwanga noma ngathi izindlebe zakhe zivalekile. Ngakhoke mhalalisele ngesijeziso esibuhlungu

8. Impela labo abakholwayo nabenza okulungileyo, bayothola izivande zentokomalo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَهُمْ جَنَّٰتُ ٱلنَّعِيمِ ﴿٨﴾

9. Bayohlala kuzo unaphakade; isethembiso sika Allah esiyiqiniso; futhi unguSomandla Okhaliphile.

خَٰلِدِينَ فِيهَاۖ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقًّاۚ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٩﴾

10. Udale amazulu nomhlaba ngaphandle kwezinsika ezinibonayo. Wafaka izikhonkwane [izintaba] emhlabeni ukuze ukuzamazami nani; waphinde wasabalalisa kuwo izilwane zanhlobo zonke. Futhi sehlise amanzi emvula sahlumisa ngawo kuwo [umhlaba] izinhlo zonke ezinhle [zezitshalo].

خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ بِغَيْرِ عَمَدٍ تَرَوْنَهَاۖ وَأَلْقَىٰ فِي ٱلْأَرْضِ رَوَٰسِيَ أَن تَمِيدَ بِكُمْ وَبَثَّ فِيهَا مِن كُلِّ دَآبَّةٍۚ وَأَنزَلْنَا مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَأَنۢبَتْنَا فِيهَا مِن كُلِّ زَوْجٍ كَرِيمٍ ﴿١٠﴾

11. Iyona ke lena indalo ka Allah; ngakhoke ngiboniseni ukuthi badaleni laba abanye ngaphandle kwaKhe. Empeleni abaphambukile basekudukeni okusobala.

هَٰذَا خَلْقُ ٱللَّهِ فَأَرُونِي مَاذَا خَلَقَ ٱلَّذِينَ مِن دُونِهِۦۚ بَلِ ٱلظَّٰلِمُونَ فِي ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿١١﴾

12. Futhi sanika uLukumani ubuhlakani, [sathi]: "Bonga u Allah; lowo obongayo uzibongela yena uqobo, futhi lowo ongabongi, impela u Allah Uzimele Uyadunyiswa.

وَلَقَدْ ءَاتَيْنَا لُقْمَٰنَ ٱلْحِكْمَةَ أَنِ ٱشْكُرْ لِلَّهِۚ وَمَن يَشْكُرْ فَإِنَّمَا يَشْكُرُ لِنَفْسِهِۦۖ وَمَن كَفَرَ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَنِيٌّ حَمِيدٌ ﴿١٢﴾

13. Mhla ethi uLukumani kwindodana yakhe eyeluleka: "Ndodana, ungabhangqi [lutho] no Allah, ngokuba impela ukubhangqa u Allah kuyimpambuko enkulu".

وَإِذْ قَالَ لُقْمَٰنُ لِٱبْنِهِۦ وَهُوَ يَعِظُهُۥ يَٰبُنَيَّ لَا تُشْرِكْ بِٱللَّهِۖ إِنَّ ٱلشِّرْكَ لَظُلْمٌ عَظِيمٌ ﴿١٣﴾

وَوَصَّيْنَا ٱلْإِنسَٰنَ بِوَٰلِدَيْهِ حَمَلَتْهُ أُمُّهُۥ وَهْنًا عَلَىٰ وَهْنٍ وَفِصَٰلُهُۥ فِى عَامَيْنِ أَنِ ٱشْكُرْ لِى وَلِوَٰلِدَيْكَ إِلَىَّ ٱلْمَصِيرُ ﴿١٤﴾

14. Futhi Thina sayalela umuntu ukuba aphathe kahle abazali bakhe – nina wamthwala kanzima wambeletha kanzima, futhi wayeka ukuncela emuva kweminyaka emibili – sathi: "Bonga Mina nabazali bakho, futhi isiphetho sikimi".

وَإِن جَٰهَدَاكَ عَلَىٰٓ أَن تُشْرِكَ بِى مَا لَيْسَ لَكَ بِهِۦ عِلْمٌ فَلَا تُطِعْهُمَا ۖ وَصَاحِبْهُمَا فِى ٱلدُّنْيَا مَعْرُوفًا ۖ وَٱتَّبِعْ سَبِيلَ مَنْ أَنَابَ إِلَىَّ ۚ ثُمَّ إِلَىَّ مَرْجِعُكُمْ فَأُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿١٥﴾

15. Kepha uma bekuphoqelela ukuba ungibhangqe nalokho ongenalwazi ngakho, ungabalaleli, kepha ubaphathe kahle emhlabeni. Futhi ulandele indlela yalowo ozinikela kiMi. Niyobeke senibuyela kiMi bese nginazisa ngalokho ebenikwenza.

يَٰبُنَىَّ إِنَّهَآ إِن تَكُ مِثْقَالَ حَبَّةٍ مِّنْ خَرْدَلٍ فَتَكُن فِى صَخْرَةٍ أَوْ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ أَوْ فِى ٱلْأَرْضِ يَأْتِ بِهَا ٱللَّهُ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَطِيفٌ خَبِيرٌ ﴿١٦﴾

16. Ndodana, uma kunohlavu oluncane olungango lwemastadi, lube sedwaleni noma lube semazulwini noma emhlabeni; u Allah uyoluveza. Impela u Allah Uyanaka Unolwazi.

يَٰبُنَىَّ أَقِمِ ٱلصَّلَوٰةَ وَأْمُرْ بِٱلْمَعْرُوفِ وَٱنْهَ عَنِ ٱلْمُنكَرِ وَٱصْبِرْ عَلَىٰ مَآ أَصَابَكَ ۖ إِنَّ ذَٰلِكَ مِنْ عَزْمِ ٱلْأُمُورِ ﴿١٧﴾

17. Ndodana, qikelela ukwenza iswala futhi uyalele lokho okulungile unqande okubi futhi ukubekezelele okukwehlelayo. Impela lokho okunye kwezinto ezisemqoka.

وَلَا تُصَعِّرْ خَدَّكَ لِلنَّاسِ وَلَا تَمْشِ فِى ٱلْأَرْضِ مَرَحًا ۖ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُحِبُّ كُلَّ مُخْتَالٍ فَخُورٍ ﴿١٨﴾

18. Ungabukeli abantu phansi futhi ungahambi ngokuziqhayisa emhlabeni; impela u Allah akamthandi wonke umuntu ozigqajayo oqhoshayo.

19. Hamba kahle ngesizotha uma uhamba futhi ubeke izwi phansi [ungakabalasi]; ngokuba impela izwi elibi yilelo lembongolo [yona ukubanga umsindo].

وَٱقۡصِدۡ فِي مَشۡيِكَ وَٱغۡضُضۡ مِن صَوۡتِكَۚ إِنَّ أَنكَرَ ٱلۡأَصۡوَٰتِ لَصَوۡتُ ٱلۡحَمِيرِ ١٩

20. Aniboni yini ukuthi u Allah unijubele konke okusemazulwini nasemhlabeni futhi wanithela ngezibusiso zaKhe ngaphandle ngaphakathi. Futhi kunalowo kubantu oqagulisana ngo Allah ngaphandle kolwazi noma ukuholwa noma incwadi ecacisayo.

أَلَمۡ تَرَوۡاْ أَنَّ ٱللَّهَ سَخَّرَ لَكُم مَّا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِ وَأَسۡبَغَ عَلَيۡكُمۡ نِعَمَهُۥ ظَٰهِرَةٗ وَبَاطِنَةٗۗ وَمِنَ ٱلنَّاسِ مَن يُجَٰدِلُ فِي ٱللَّهِ بِغَيۡرِ عِلۡمٖ وَلَا هُدٗى وَلَا كِتَٰبٖ مُّنِيرٖ ٢٠

21. Uma kuthiwa kubo: "Landelani lokho u Allah akwembulele". Bathi: "Sizolandela lokho esafumanisa okhokho bethu kukho". Nakuba uShayitani ebamemela esijezisweni somlilo.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمُ ٱتَّبِعُواْ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ قَالُواْ بَلۡ نَتَّبِعُ مَا وَجَدۡنَا عَلَيۡهِ ءَابَآءَنَآۚ أَوَلَوۡ كَانَ ٱلشَّيۡطَٰنُ يَدۡعُوهُمۡ إِلَىٰ عَذَابِ ٱلسَّعِيرِ ٢١

22. Lowo ozinikela ngokuphelele ku Allah ebe enza okuhle; impela ubambelele ensikeni eqinile engasoze yephuka. Futhi isiphetho sezinto siku Allah.

* وَمَن يُسۡلِمۡ وَجۡهَهُۥٓ إِلَى ٱللَّهِ وَهُوَ مُحۡسِنٞ فَقَدِ ٱسۡتَمۡسَكَ بِٱلۡعُرۡوَةِ ٱلۡوُثۡقَىٰۗ وَإِلَى ٱللَّهِ عَٰقِبَةُ ٱلۡأُمُورِ ٢٢

23. Lowo ongakholwa, ukungakholwa kwakhe makungakukhathazi. Bayobuyela Kithi bese sibazisa ngalokho ababekwenza. Impela u Allah usazi kahle okuqukethwe izinhliziyo.

وَمَن كَفَرَ فَلَا يَحۡزُنكَ كُفۡرُهُۥٓۚ إِلَيۡنَا مَرۡجِعُهُمۡ فَنُنَبِّئُهُم بِمَا عَمِلُوٓاْۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمُۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ٢٣

24. Sizobajabulisa okwesikhashana, bese sibatshingela esijezisweni esinzima.

نُمَتِّعُهُمۡ قَلِيلٗا ثُمَّ نَضۡطَرُّهُمۡ إِلَىٰ عَذَابٍ غَلِيظٖ ٢٤

وَلَئِن سَأَلْتَهُم مَّنْ خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ لَيَقُولُنَّ ٱللَّهُ ۚ قُلِ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ ۚ بَلْ أَكْثَرُهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٢٥﴾

25. Futhi uma ubabuza ukuthi ubani owadala amazulu nomhlaba, bayothi: "ngu Allah". Yithi: "Lonke udumo ngoluka Allah". Kepha iningi labo alazi.

لِلَّهِ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْغَنِىُّ ٱلْحَمِيدُ ﴿٢٦﴾

26. Konke okusemazulwini nasemhlabeni ngokuka Allah. Impela u Allah Uzimele Uyadunyiswa.

وَلَوْ أَنَّمَا فِى ٱلْأَرْضِ مِن شَجَرَةٍ أَقْلَٰمٌ وَٱلْبَحْرُ يَمُدُّهُۥ مِنۢ بَعْدِهِۦ سَبْعَةُ أَبْحُرٍ مَّا نَفِدَتْ كَلِمَٰتُ ٱللَّهِ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٢٧﴾

27. Uma zonke izihlahla ezisemhlabeni bezingaba usiba lokuloba bese izilwandle zibe uketshezi [lokuloba]; luphindwe lwengeze ngezinye izilwandle eziyisikhombisa emuva kwalokho; Amazwi ka Allah awasoze aphela, impela u Allah unguSomandla Okhaliphile.

مَّا خَلْقُكُمْ وَلَا بَعْثُكُمْ إِلَّا كَنَفْسٍ وَٰحِدَةٍ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌۢ بَصِيرٌ ﴿٢٨﴾

28. Ukudalwa kwenu nokuvuswa kwenu kufana nje nokuphefumula kanye. Impela u Allah Uyezwa Uyabona.

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ يُولِجُ ٱلَّيْلَ فِى ٱلنَّهَارِ وَيُولِجُ ٱلنَّهَارَ فِى ٱلَّيْلِ وَسَخَّرَ ٱلشَّمْسَ وَٱلْقَمَرَ ۖ كُلٌّ يَجْرِىٓ إِلَىٰٓ أَجَلٍ مُّسَمًّى وَأَنَّ ٱللَّهَ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرٌ ﴿٢٩﴾

29. Awuboni ukuthi u Allah ufaka ubusuku emini nemini ebusuku futhi ujube ilanga nenyanga, konke kuyohamba kuze kube isikhathi esibekiwe nokuthi u Allah Unolwazi ngalokho enikwenzayo.

ذَٰلِكَ بِأَنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْحَقُّ وَأَنَّ مَا يَدْعُونَ مِن دُونِهِ ٱلْبَٰطِلُ وَأَنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْعَلِىُّ ٱلْكَبِيرُ ﴿٣٠﴾

30. Lokho kungoba, impela u Allah uyiqiniso nokuthi impela lokhu abakhonzayo ngaphandle kwaKhe umbhedo nokuthi u Allah nguYena Ophakeme Omkhulu.

أَلَمۡ تَرَ أَنَّ ٱلۡفُلۡكَ تَجۡرِي فِي ٱلۡبَحۡرِ بِنِعۡمَتِ ٱللَّهِ لِيُرِيَكُم مِّنۡ ءَايَٰتِهِۦٓۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَٰتٖ لِّكُلِّ صَبَّارٖ شَكُورٖ ٣١

31. Awuboni yini ukuthi umkhumbi uhamba olwandle ngesibusiso sika Allah ukuze anibonise ezinye zezibonakaliso zaKhe. Impela kulokho kunezibonakliso kuwo wonke lowo obekezelayo obongayo.

وَإِذَا غَشِيَهُم مَّوۡجٞ كَٱلظُّلَلِ دَعَوُاْ ٱللَّهَ مُخۡلِصِينَ لَهُ ٱلدِّينَ فَلَمَّا نَجَّىٰهُمۡ إِلَى ٱلۡبَرِّ فَمِنۡهُم مُّقۡتَصِدٞۚ وَمَا يَجۡحَدُ بِـَٔايَٰتِنَآ إِلَّا كُلُّ خَتَّارٖ كَفُورٖ ٣٢

32. Uma bembozwa amagagasi njengemithunzi, bakhuleka ku Allah kuphela ngobumsulwa. Kepha uma esebahlengele emhlabeni, kunalabo kubo abaqotho. Futhi akekho ophika imibiko yeThu ngaphandle kwalowo oyiqili elingakholwa.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ ٱتَّقُواْ رَبَّكُمۡ وَٱخۡشَوۡاْ يَوۡمٗا لَّا يَجۡزِي وَالِدٌ عَن وَلَدِهِۦ وَلَا مَوۡلُودٌ هُوَ جَازٍ عَن وَالِدِهِۦ شَيۡـٔٗاۚ إِنَّ وَعۡدَ ٱللَّهِ حَقّٞۖ فَلَا تَغُرَّنَّكُمُ ٱلۡحَيَوٰةُ ٱلدُّنۡيَا وَلَا يَغُرَّنَّكُم بِٱللَّهِ ٱلۡغَرُورُ ٣٣

33. Nina bantu, thobelani iNkosi yenu futhi nesabe usuku lapho umzali angeke ayisiza ngalutho ingane yakhe; kanjalo nengane angeke yamsiza ngalutho umzali. Impela isethembiso sika Allah siyiqiniso. Ngakhoke ingakuyengi impilo yasemhlabeni futhi nomdukisi angakudukisi ngo Allah.

إِنَّ ٱللَّهَ عِندَهُۥ عِلۡمُ ٱلسَّاعَةِ وَيُنَزِّلُ ٱلۡغَيۡثَ وَيَعۡلَمُ مَا فِي ٱلۡأَرۡحَامِۖ وَمَا تَدۡرِي نَفۡسٞ مَّاذَا تَكۡسِبُ غَدٗاۖ وَمَا تَدۡرِي نَفۡسُۢ بِأَيِّ أَرۡضٖ تَمُوتُۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٌ خَبِيرُۢ ٣٤

34. Impela u Allah nguYena onolwazi lweSikhathi futhi uletha imvula wazi okusezibelethweni [zabakhulelwe]. Futhi akekho umuntu owazi ukuthi uzozuzani kusasa futhi akekho umuntu owaziyo ukuthi uyofela kuyiphi indawo. Impela u Allah Unolwazi Uyazi.

(32) SURA SAJIDA
UKUWA PHANSI NGOBUSO

سُورَةُ السَّجۡدَةِ

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

الٓمٓ ﴿١﴾

1. Alif-Lam-Mim.

تَنزِيلُ ٱلۡكِتَٰبِ لَا رَيۡبَ فِيهِ مِن رَّبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ﴿٢﴾

2. [Lokhu] ukwembulelwa kweNcwadi [iKurani] engenakungabaza kuyo, ivela eNkosini yendalo yonke.

أَمۡ يَقُولُونَ ٱفۡتَرَىٰهُۚ بَلۡ هُوَ ٱلۡحَقُّ مِن رَّبِّكَ لِتُنذِرَ قَوۡمٗا مَّآ أَتَىٰهُم مِّن نَّذِيرٖ مِّن قَبۡلِكَ لَعَلَّهُمۡ يَهۡتَدُونَ ﴿٣﴾

3. Ingabe bathi: "Uziqambele yona". Empeleni iyiqiniso elivela eNkosini yakho ukuze uxwayise abantu okungazange kufike kubo ngaphambi kwakho umexwayisi, hleze baholeleke.

ٱللَّهُ ٱلَّذِي خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَ وَمَا بَيۡنَهُمَا فِي سِتَّةِ أَيَّامٖ ثُمَّ ٱسۡتَوَىٰ عَلَى ٱلۡعَرۡشِۖ مَا لَكُم مِّن دُونِهِۦ مِن وَلِيّٖ وَلَا شَفِيعٍۚ أَفَلَا تَتَذَكَّرُونَ ﴿٤﴾

4. U Allah nguYena owadala amazulu nomhlaba nokumaphakathi kwakho ezinsukwini eziyisithupha, wase enyukela eSihlalweni.; aninaye ngaphandle kwaKhe umhlengi noyonishwelezela. Ake nithathe isifundo.

يُدَبِّرُ ٱلۡأَمۡرَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ إِلَى ٱلۡأَرۡضِ ثُمَّ يَعۡرُجُ إِلَيۡهِ فِي يَوۡمٖ كَانَ مِقۡدَارُهُۥٓ أَلۡفَ سَنَةٖ مِّمَّا تَعُدُّونَ ﴿٥﴾

5. Uhlela izinto phezulu ezulwini zize emhlabeni, ziphinde zenyuke zibuyele kuYe ngosuku olulingana neminyaka eyinkulungwane eniyibalayo.

ذَٰلِكَ عَٰلِمُ ٱلْغَيْبِ وَٱلشَّهَٰدَةِ ٱلْعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ٦

6. Lowo Ungowazi okungabonwayo nokusobala, onguSomandla Onesihawu.

ٱلَّذِىٓ أَحْسَنَ كُلَّ شَىْءٍ خَلَقَهُۥ ۖ وَبَدَأَ خَلْقَ ٱلْإِنسَٰنِ مِن طِينٍ ٧

7. Lona owenze yonke into ayidalile yaba yinhle. Futhi waqala ukudala umuntu [u Adamu] ngobumba.

ثُمَّ جَعَلَ نَسْلَهُۥ مِن سُلَٰلَةٍ مِّن مَّآءٍ مَّهِينٍ ٨

8. Emuva kwalokho wadala uzalo lwakhe ngesidoda esiwuketshezi esilula.

ثُمَّ سَوَّىٰهُ وَنَفَخَ فِيهِ مِن رُّوحِهِۦ ۖ وَجَعَلَ لَكُمُ ٱلسَّمْعَ وَٱلْأَبْصَٰرَ وَٱلْأَفْـِٔدَةَ ۚ قَلِيلًا مَّا تَشْكُرُونَ ٩

9. Wase embumba wamphefumulela ngoMoya waKhe. Futhi wanenzela ukuzwa namehlo nezinhliziyo; kepha akuvamanga ukuba nibonge.

وَقَالُوٓا۟ أَءِذَا ضَلَلْنَا فِى ٱلْأَرْضِ أَءِنَّا لَفِى خَلْقٍ جَدِيدٍ ۢ بَلْ هُم بِلِقَآئِ رَبِّهِمْ كَٰفِرُونَ ١٠

10. Futhi bathi: "Ingabe uma sesibhubhile emhlabeni [sangcwatsha], siyophinde sidalwe kabusha na?". Empeleni abakholelwa ekuhlanganeni neNkosi yabo.

* قُلْ يَتَوَفَّىٰكُم مَّلَكُ ٱلْمَوْتِ ٱلَّذِى وُكِّلَ بِكُمْ ثُمَّ إِلَىٰ رَبِّكُمْ تُرْجَعُونَ ١١

11. Yithi: "Ingelosi yokufa lena ejutshwe kini, iyothatha imiphefumulo yenu, bese nibuyela eNkosini yenu".

وَلَوْ تَرَىٰٓ إِذِ ٱلْمُجْرِمُونَ نَاكِسُوا۟ رُءُوسِهِمْ عِندَ رَبِّهِمْ رَبَّنَآ أَبْصَرْنَا وَسَمِعْنَا فَٱرْجِعْنَا نَعْمَلْ صَٰلِحًا إِنَّا مُوقِنُونَ ١٢

12. Uma ubungazibona izephula mthetho sezigebise amakhanda eNkosini yabo [bethi]: "Nkosi yethu, sesiyabona futhi sesiyezwa; ngakhoke sibuyisele emuva [emhlabeni] ukuze senze okulungileyo, impela sesinesiqiniseko".

13. Ukube besithanda, besizoholа wonke umuntu. Kodwa isinqumo sesiphumile kiMi ukuthi: "Ngiyogcwalisa iJahanamu ngamajini nangabantu bonkana".

وَلَوْ شِئْنَا لَآتَيْنَا كُلَّ نَفْسٍ هُدَىٰهَا وَلَٰكِنْ حَقَّ ٱلْقَوْلُ مِنِّى لَأَمْلَأَنَّ جَهَنَّمَ مِنَ ٱلْجِنَّةِ وَٱلنَّاسِ أَجْمَعِينَ ﴿١٣﴾

14. [Kuyothiwa]: "Zwanini [isijeziso] ngokulibala kwenu umhlangano walolu suku; impela nathi siyonilibala. Futhi zwanini isijeziso saphakade ngenxa yezenzo zenu".

فَذُوقُوا۟ بِمَا نَسِيتُمْ لِقَآءَ يَوْمِكُمْ هَٰذَآ إِنَّا نَسِينَٰكُمْ ۖ وَذُوقُوا۟ عَذَابَ ٱلْخُلْدِ بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿١٤﴾

15. Labo okuyibona abakholwa imibiko yeThu, yilabo okuthi uma bekhunjuzwa ngayo bavele bawe ngobuso bakhothame, babaze udumo lweNkosi yabo futhi bengaziqhayisi.

إِنَّمَا يُؤْمِنُ بِـَٔايَٰتِنَا ٱلَّذِينَ إِذَا ذُكِّرُوا۟ بِهَا خَرُّوا۟ سُجَّدًا وَسَبَّحُوا۟ بِحَمْدِ رَبِّهِمْ وَهُمْ لَا يَسْتَكْبِرُونَ ۩ ﴿١٥﴾

16. Bavuka ebusuku bakhuleke eNkosini yabo benokwesaba nethemba futhi bayaphana ngalokho esibabele kona.

تَتَجَافَىٰ جُنُوبُهُمْ عَنِ ٱلْمَضَاجِعِ يَدْعُونَ رَبَّهُمْ خَوْفًا وَطَمَعًا وَمِمَّا رَزَقْنَٰهُمْ يُنفِقُونَ ﴿١٦﴾

17. Akekho umuntu owazi lokho abafihlelwe kona kokujabulisayo [kwelizayo], okuwumvuzo wezenzo zabo.

فَلَا تَعْلَمُ نَفْسٌ مَّآ أُخْفِىَ لَهُم مِّن قُرَّةِ أَعْيُنٍ ۚ جَزَآءًۢ بِمَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٧﴾

18. Ingabe lowo ongokholwayo uyefana yini nalowo oyisephula mthetho [ongakholwa]; cha abafani.

أَفَمَن كَانَ مُؤْمِنًا كَمَن كَانَ فَاسِقًا ۚ لَّا يَسْتَوُۥنَ ﴿١٨﴾

19. Labo abakholwayo nabenza okulungileyo, bayothola izivande zokukhosela, njengendawo yokuhlala ngenxa yezenzo zabo.

أَمَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ فَلَهُمْ جَنَّٰتُ ٱلْمَأْوَىٰ نُزُلًۢا بِمَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٩﴾

20. Kepha labo abayizephula mthetho [abangakholwa], bayokhosela emlilweni. Kuyothi njalo uma bezama ukuphuma kuwo, babuyiselwe phakathi kuwo bese kuthi kubo: "Zwanini isijeziso somlilo lesi ebenisiphika".

وَأَمَّا ٱلَّذِينَ فَسَقُواْ فَمَأۡوَىٰهُمُ ٱلنَّارُۖ كُلَّمَآ أَرَادُوٓاْ أَن يَخۡرُجُواْ مِنۡهَآ أُعِيدُواْ فِيهَا وَقِيلَ لَهُمۡ ذُوقُواْ عَذَابَ ٱلنَّارِ ٱلَّذِي كُنتُم بِهِۦ تُكَذِّبُونَ ٢٠

21. Futhi siyobazwisa isijeziso esincane ngale kwesikhulu ukuze babuyele endleeni eqondile.

وَلَنُذِيقَنَّهُم مِّنَ ٱلۡعَذَابِ ٱلۡأَدۡنَىٰ دُونَ ٱلۡعَذَابِ ٱلۡأَكۡبَرِ لَعَلَّهُمۡ يَرۡجِعُونَ ٢١

22. Futhi ngubani ophambuke ukudlula lowo okhunjuzwa ngemibiko ka Allah bese eyishaya indiva ayifulathele na?. Impela siyoziphindisela kuzephula mthetho.

وَمَنۡ أَظۡلَمُ مِمَّن ذُكِّرَ بِـَٔايَٰتِ رَبِّهِۦ ثُمَّ أَعۡرَضَ عَنۡهَآۚ إِنَّا مِنَ ٱلۡمُجۡرِمِينَ مُنتَقِمُونَ ٢٢

23. Futhi sanika uMusa iNcwadi, – ngakhoke ungabi nokungabaza mayela nokuhlangana naye – futhi sayenza yaba umhlahlandlela kusizwe sakwa Isirayeli.

وَلَقَدۡ ءَاتَيۡنَا مُوسَى ٱلۡكِتَٰبَ فَلَا تَكُن فِي مِرۡيَةٖ مِّن لِّقَآئِهِۦۖ وَجَعَلۡنَٰهُ هُدٗى لِّبَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ ٢٣

24. Futhi senza kwaba nabaholi phakathi kwabo ababehola ngomyalelo weThu, mhla bekezela futhi babengenakungabaza ngemibiko yeThu.

وَجَعَلۡنَا مِنۡهُمۡ أَئِمَّةٗ يَهۡدُونَ بِأَمۡرِنَا لَمَّا صَبَرُواْۖ وَكَانُواْ بِـَٔايَٰتِنَا يُوقِنُونَ ٢٤

25. Impela iNkosi yakho iyokwahlulela phakathi kwabo ngoSuku lokwaHlulela mayelana nalokho ababephikisana ngakho.

إِنَّ رَبَّكَ هُوَ يَفۡصِلُ بَيۡنَهُمۡ يَوۡمَ ٱلۡقِيَٰمَةِ فِيمَا كَانُواْ فِيهِ يَخۡتَلِفُونَ ٢٥

أَوَلَمْ يَهْدِ لَهُمْ كَمْ أَهْلَكْنَا مِن قَبْلِهِم مِّنَ ٱلْقُرُونِ يَمْشُونَ فِى مَسَٰكِنِهِمْ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ ۖ أَفَلَا يَسْمَعُونَ ﴿٢٦﴾

26. Ingabe akukababacaceli ukuthi ziningi izizwe esazibhubhisa ngaphambi kwabo, abahamba lapho ezazihlala khona. Impela kulokho kunezibonakaliso; kungani bengalaleli na?

أَوَلَمْ يَرَوْا۟ أَنَّا نَسُوقُ ٱلْمَآءَ إِلَى ٱلْأَرْضِ ٱلْجُرُزِ فَنُخْرِجُ بِهِۦ زَرْعًا تَأْكُلُ مِنْهُ أَنْعَٰمُهُمْ وَأَنفُسُهُمْ ۖ أَفَلَا يُبْصِرُونَ ﴿٢٧﴾

27. Ingabe ababoni yini ukuthi siletha amanzi emhlabeni owomile, bese sikhiqiza ngawo izitshalo okudla kuzo imfuyo yabo nabo uqobo; kungani bengaboni na?

وَيَقُولُونَ مَتَىٰ هَٰذَا ٱلْفَتْحُ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٢٨﴾

28. Futhi bathi: "Kanti siyofika nini lesahlulelo uma ngempela nineqiniso na?"

قُلْ يَوْمَ ٱلْفَتْحِ لَا يَنفَعُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ إِيمَٰنُهُمْ وَلَا هُمْ يُنظَرُونَ ﴿٢٩﴾

29. Yithi: "Ngosuku lwesahlulelo, laba abangakholwa, ukukholwa kwabo [ngalolo suku] angeke kubasize futhi abayikunikwa thuba".

فَأَعْرِضْ عَنْهُمْ وَٱنتَظِرْ إِنَّهُم مُّنتَظِرُونَ ﴿٣٠﴾

30. Ngakhoke bashiye kanjalo ulinde, ngoba nabo balindile.

(33) SURA AHZABU UMBIMBI

سُورَةُ الأَحزَابِ

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِيُّ ٱتَّقِ ٱللَّهَ وَلَا تُطِعِ ٱلۡكَٰفِرِينَ وَٱلۡمُنَٰفِقِينَۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَلِيمًا حَكِيمًا ١

1. Sithunywa, thobela u Allah futhi ungabalaleli abangakholwa nabazenzisi. Impela u Allah Uyazi Ukhaliphile.

وَٱتَّبِعۡ مَا يُوحَىٰٓ إِلَيۡكَ مِن رَّبِّكَۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ بِمَا تَعۡمَلُونَ خَبِيرٗا ٢

2. Landela lokho okwembulelwe kuwe kuvela eNkosini yakho. Impela u Allah Unolwazi ngakho konke enikwenzayo.

وَتَوَكَّلۡ عَلَى ٱللَّهِۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ وَكِيلٗا ٣

3. Futhi thembela ku Allah, futhi u Allah wanele njengoMnakekeli.

مَّا جَعَلَ ٱللَّهُ لِرَجُلٖ مِّن قَلۡبَيۡنِ فِي جَوۡفِهِۦۚ وَمَا جَعَلَ أَزۡوَٰجَكُمُ ٱلَّٰٓـِٔي تُظَٰهِرُونَ مِنۡهُنَّ أُمَّهَٰتِكُمۡۚ وَمَا جَعَلَ أَدۡعِيَآءَكُمۡ أَبۡنَآءَكُمۡۚ ذَٰلِكُمۡ قَوۡلُكُم بِأَفۡوَٰهِكُمۡۖ وَٱللَّهُ يَقُولُ ٱلۡحَقَّ وَهُوَ يَهۡدِي ٱلسَّبِيلَ ٤

4. U Allah akenzanga indoda yaba nezinhliziyo ezimbili ngaphakathi kuyo. Futhi akenzanga abafazi benu baba ngonyoko. Futhi akenzanga izingane zenu ezitholiwe zaba izingane zenu zegazi. Lokho into eshiwo yini ngemilomo yenu. Kepha u Allah ukukhuluma iqiniso futhi uholela endleleni eqondile.

ٱدۡعُوهُمۡ لِأٓبَآئِهِمۡ هُوَ أَقۡسَطُ عِندَ ٱللَّهِۚ فَإِن لَّمۡ تَعۡلَمُوٓاْ ءَابَآءَهُمۡ فَإِخۡوَٰنُكُمۡ فِي ٱلدِّينِ وَمَوَٰلِيكُمۡۚ

5. Babizeni [abantwana abatholiwe] ngoyise, yikona okungubulungiswa ku Allah. Uma ningabazi oyise babo;

lapho bangabafowenu enkolweni nezihlobo zenu. Futhi aninacala kulokho enikwenze ngephutha, kodwa kulokho enikwenze ngamabomu. Futhi u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

وَلَيْسَ عَلَيْكُمْ جُنَاحٌ فِيمَآ أَخْطَأْتُم بِهِۦ وَلَٰكِن مَّا تَعَمَّدَتْ قُلُوبُكُمْ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿٥﴾

6. iSithunywa yisona esimqoka kubakholwayo ukundlula bona uqobo. Futhi amakhozikazi aso, onina babo [abakholwayo]. Futhi izihlobo zegazi zifika kuqala kwezinye kunabakholwayo nabafudiki ngokomthetho ka Allah; ngaphandle-ke uma nifuna ukwenza isihle kuzihlobo zenu. Lokho kulotshiwe eNcwadini [uQwembe olulondoloziwe].

ٱلنَّبِىُّ أَوْلَىٰ بِٱلْمُؤْمِنِينَ مِنْ أَنفُسِهِمْ ۖ وَأَزْوَٰجُهُۥٓ أُمَّهَٰتُهُمْ ۗ وَأُو۟لُوا۟ ٱلْأَرْحَامِ بَعْضُهُمْ أَوْلَىٰ بِبَعْضٍ فِى كِتَٰبِ ٱللَّهِ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ وَٱلْمُهَٰجِرِينَ إِلَّآ أَن تَفْعَلُوٓا۟ إِلَىٰٓ أَوْلِيَآئِكُم مَّعْرُوفًا ۚ كَانَ ذَٰلِكَ فِى ٱلْكِتَٰبِ مَسْطُورًا ﴿٦﴾

7. Futhi khumbula mhla senza isibopho neZithunywa kanjalo nawe [Muhamadi] noNuhu no Ibhirahimu no Isa indodana ka Mariyamu; futhi senza isipho esiqinile nabo.

وَإِذْ أَخَذْنَا مِنَ ٱلنَّبِيِّـۧنَ مِيثَٰقَهُمْ وَمِنكَ وَمِن نُّوحٍ وَإِبْرَٰهِيمَ وَمُوسَىٰ وَعِيسَى ٱبْنِ مَرْيَمَ ۖ وَأَخَذْنَا مِنْهُم مِّيثَٰقًا غَلِيظًا ﴿٧﴾

8. Ukuze abuze abaneqiniso mayelana neqiniso labo; futhi walungiselela abangakholwa isijeziso esibuhlungu.

لِّيَسْـَٔلَ ٱلصَّٰدِقِينَ عَن صِدْقِهِمْ ۚ وَأَعَدَّ لِلْكَٰفِرِينَ عَذَابًا أَلِيمًا ﴿٨﴾

9. Nina enikholwayo, khumbulani izibusiso zika Allah kini, mhla kufika amabutho kini; sabe sesithumela kuwo umoya namabutho eningawabonanga. Futhi ukubona kahle konke enikwenzayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱذْكُرُوا۟ نِعْمَةَ ٱللَّهِ عَلَيْكُمْ إِذْ جَآءَتْكُمْ جُنُودٌ فَأَرْسَلْنَا عَلَيْهِمْ رِيحًا وَجُنُودًا لَّمْ تَرَوْهَا ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرًا ﴿٩﴾

إِذْ جَآءُوكُم مِّن فَوْقِكُمْ وَمِنْ أَسْفَلَ مِنكُمْ وَإِذْ زَاغَتِ ٱلْأَبْصَٰرُ وَبَلَغَتِ ٱلْقُلُوبُ ٱلْحَنَاجِرَ وَتَظُنُّونَ بِٱللَّهِ ٱلظُّنُونَا۠ ﴿١٠﴾

10. Mhla befika kini ngenhla [empumalanga] nangenzansi [entshonalanga] kwenu; kwahlahla amehlo novalo lwabasentanyeni naba nemindlinzo emibi ngo Allah.

هُنَالِكَ ٱبْتُلِىَ ٱلْمُؤْمِنُونَ وَزُلْزِلُوا۟ زِلْزَالًا شَدِيدًا ﴿١١﴾

11. Khona lapho bavivinywa abakholwayo bashukumiswa kanzima.

وَإِذْ يَقُولُ ٱلْمُنَٰفِقُونَ وَٱلَّذِينَ فِى قُلُوبِهِم مَّرَضٌ مَّا وَعَدَنَا ٱللَّهُ وَرَسُولُهُۥٓ إِلَّا غُرُورًا ﴿١٢﴾

12. Lapho abazenzisi nalabo abanesifo ezinhlizweni zabo bathi: "Ayikho into esiyithenjiswe yiSithunywa ngaphandle nje kwenkohliso".

وَإِذْ قَالَت طَّآئِفَةٌ مِّنْهُمْ يَٰٓأَهْلَ يَثْرِبَ لَا مُقَامَ لَكُمْ فَٱرْجِعُوا۟ ۚ وَيَسْتَـْٔذِنُ فَرِيقٌ مِّنْهُمُ ٱلنَّبِىَّ يَقُولُونَ إِنَّ بُيُوتَنَا عَوْرَةٌ ۛ وَمَا هِىَ بِعَوْرَةٍ ۛ إِن يُرِيدُونَ إِلَّا فِرَارًا ﴿١٣﴾

13. Lapho iqembu elithile phakathi kwabo lathi: "Bantu baseYatiribi [eMadina] ayikho into enihlalele [empini], ngakhoke buyelani emumva". Elinye iqembu lona lacela imvumo [yokubuyela emumva] kuSithunywa, bathi: "Imizi yethu ayiphephile" – akusikho ukuthi yayingaphephanga, babefuna nje ukubaleka kuphela.

وَلَوْ دُخِلَتْ عَلَيْهِم مِّنْ أَقْطَارِهَا ثُمَّ سُئِلُوا۟ ٱلْفِتْنَةَ لَـَٔاتَوْهَا وَمَا تَلَبَّثُوا۟ بِهَآ إِلَّا يَسِيرًا ﴿١٤﴾

14. Ukube angeniswa kubo [amabutho ezitha] nhlangothi zonke, bese becelwa ukuba babuyele ekubhanqeni u Allah [bashiye i-Isilamu], bebe zokwenza futhi bekungeke kubathathe isikhathi eside.

وَلَقَدْ كَانُوا۟ عَٰهَدُوا۟ ٱللَّهَ مِن قَبْلُ لَا يُوَلُّونَ ٱلْأَدْبَٰرَ ۚ وَكَانَ عَهْدُ ٱللَّهِ مَسْـُٔولًا ﴿١٥﴾

15. Futhi bebekade bethembise u Allah ngaphambilini ukuthi ngeke babaleke [empini]. Futhi isithembiso ku Allah kuyobuzwa ngaso.

16. Yithi: "Ngeke kunisize ngalutho ukubaleka uma nibalekela ukufa noma ukubulawa; manjalo niyoncebeleka okwesikhashana".

قُل لَّن يَنفَعَكُمُ ٱلْفِرَارُ إِن فَرَرْتُم مِّنَ ٱلْمَوْتِ أَوِ ٱلْقَتْلِ وَإِذًا لَّا تُمَتَّعُونَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿١٦﴾

17. Yithi: "Ngubani lona oyonivikela ku Allah uma kukhona okubi noma okuhle afuna kunehlele na?"

قُلْ مَن ذَا ٱلَّذِى يَعْصِمُكُم مِّنَ ٱللَّهِ إِنْ أَرَادَ بِكُمْ سُوٓءًا أَوْ أَرَادَ بِكُمْ رَحْمَةً ۚ وَلَا يَجِدُونَ لَهُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ وَلِيًّا وَلَا نَصِيرًا ﴿١٧﴾

18. U Allah ubazi kahle labo phakathi kwenu abasalela emuva abathi kubafowabo: "Wozani kithi", futhi abavamile nokuya empini.

* قَدْ يَعْلَمُ ٱللَّهُ ٱلْمُعَوِّقِينَ مِنكُمْ وَٱلْقَآئِلِينَ لِإِخْوَٰنِهِمْ هَلُمَّ إِلَيْنَا ۖ وَلَا يَأْتُونَ ٱلْبَأْسَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿١٨﴾

19. Banomhawu kini. Uma befikelwa ukwesaba [impi], niyobabona bekubheka amehlo abo egenqeza okumuntu oqulekiswa ukusaba ukufa. Uma sekundlulile ukwesaba [impi], bashiya abangalazi kini ngolimi olubukhali, benohawu wokuhle. Labo abakaze bakholwe; ngakhoke u Allah ushabalalise izenzo zabo [ezinhle]. Futhi lokho kulula ku Allah.

أَشِحَّةً عَلَيْكُمْ ۖ فَإِذَا جَآءَ ٱلْخَوْفُ رَأَيْتَهُمْ يَنظُرُونَ إِلَيْكَ تَدُورُ أَعْيُنُهُمْ كَٱلَّذِى يُغْشَىٰ عَلَيْهِ مِنَ ٱلْمَوْتِ ۖ فَإِذَا ذَهَبَ ٱلْخَوْفُ سَلَقُوكُم بِأَلْسِنَةٍ حِدَادٍ أَشِحَّةً عَلَى ٱلْخَيْرِ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ لَمْ يُؤْمِنُوا۟ فَأَحْبَطَ ٱللَّهُ أَعْمَٰلَهُمْ ۚ وَكَانَ ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ يَسِيرًا ﴿١٩﴾

20. Bacabanga ukuthi amabutho ombimbi awakahambi. Uma engabuya; bafisa ukuba bangayohlala emaphandleni belokhu bebuza ngani. Futhi noma bebengaba khona nani, bebengeke bangene nani empini ngaphandle nje kwedlanzana.

يَحْسَبُونَ ٱلْأَحْزَابَ لَمْ يَذْهَبُوا۟ ۖ وَإِن يَأْتِ ٱلْأَحْزَابُ يَوَدُّوا۟ لَوْ أَنَّهُم بَادُونَ فِى ٱلْأَعْرَابِ يَسْـَٔلُونَ عَنْ أَنۢبَآئِكُمْ ۖ وَلَوْ كَانُوا۟ فِيكُم مَّا قَٰتَلُوٓا۟ إِلَّا قَلِيلًا ﴿٢٠﴾

لَّقَدْ كَانَ لَكُمْ فِي رَسُولِ ٱللَّهِ أُسْوَةٌ حَسَنَةٌ لِّمَن كَانَ يَرْجُواْ ٱللَّهَ وَٱلْيَوْمَ ٱلْآخِرَ وَذَكَرَ ٱللَّهَ كَثِيرًا ﴿٢١﴾

21. Impela ninesibonelo esihle eSithunyweni sika Allah; kulowo okholelwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina aphinde akhumbule u Allah kakhulu.

وَلَمَّا رَءَا ٱلْمُؤْمِنُونَ ٱلْأَحْزَابَ قَالُواْ هَٰذَا مَا وَعَدَنَا ٱللَّهُ وَرَسُولُهُۥ وَصَدَقَ ٱللَّهُ وَرَسُولُهُۥ ۚ وَمَا زَادَهُمْ إِلَّآ إِيمَٰنًا وَتَسْلِيمًا ﴿٢٢﴾

22. Kuthe lapho abakholwayo bebona amabutho ombimbi bathi: "Yikho lokhu esikuthenjiswe ngu Allah neSithunywa saKhe; u Allah ubeqinisile neSithunywa saKhe". Futhi kwabandisela ukholo nokuzinikela.

مِّنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ رِجَالٌ صَدَقُواْ مَا عَٰهَدُواْ ٱللَّهَ عَلَيْهِ ۖ فَمِنْهُم مَّن قَضَىٰ نَحْبَهُۥ وَمِنْهُم مَّن يَنتَظِرُ ۖ وَمَا بَدَّلُواْ تَبْدِيلًا ﴿٢٣﴾

23. Kunamadoda kubakholwayo akugcina lokho ayekuthembise u Allah. Kunalawo aseyiphothulile indima yabo bese kuba nalawo asalindile, kepha awakaguquki nakancane.

لِّيَجْزِيَ ٱللَّهُ ٱلصَّٰدِقِينَ بِصِدْقِهِمْ وَيُعَذِّبَ ٱلْمُنَٰفِقِينَ إِن شَآءَ أَوْ يَتُوبَ عَلَيْهِمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿٢٤﴾

24. Ukuze u Allah anike abaneqiniso umvuzo weqiniso labo; bese ejezisa abazenzisi uma ethanda noma abaxolele. Impela u Allah unguMthetheleli Onesihawu.

وَرَدَّ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ بِغَيْظِهِمْ لَمْ يَنَالُواْ خَيْرًا ۚ وَكَفَى ٱللَّهُ ٱلْمُؤْمِنِينَ ٱلْقِتَالَ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ قَوِيًّا عَزِيزًا ﴿٢٥﴾

25. Futhi u Allah wabaphindisela emumva laba abangakholwa nenzondo yabo bengazuzanga lutho oluhle. Futhi u Allah wabanela impi abakholwayo [abayilwanga] futhi u Allah Unamandla unguSomandla.

وَأَنزَلَ ٱلَّذِينَ ظَٰهَرُوهُم مِّنْ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ مِن صَيَاصِيهِمْ وَقَذَفَ فِى قُلُوبِهِمُ ٱلرُّعْبَ فَرِيقًا تَقْتُلُونَ وَتَأْسِرُونَ فَرِيقًا ﴿٢٦﴾

26. Waphinde wabakhipha ezinqabeni zabo laba abeMibhalo abasizana nabo [abangakholwa], wabafaka ingebhe ezinhlizweni zabo; abanye babo nababulala kwathi abanye nababopha.

وَأَوْرَثَكُمْ أَرْضَهُمْ وَدِيَٰرَهُمْ وَأَمْوَٰلَهُمْ وَأَرْضًا لَّمْ تَطَـُٔوهَا ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرًا ﴿٢٧﴾

27. Futhi wenza nina izindlalifa zendawo yabo nemizi yabo nomcebo wabo nenye futhi indawo eningafiki kuyo. Futhi u Allah akahlulwa yilutho.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِىُّ قُل لِّأَزْوَٰجِكَ إِن كُنتُنَّ تُرِدْنَ ٱلْحَيَوٰةَ ٱلدُّنْيَا وَزِينَتَهَا فَتَعَالَيْنَ أُمَتِّعْكُنَّ وَأُسَرِّحْكُنَّ سَرَاحًا جَمِيلًا ﴿٢٨﴾

28. Sithunywa, yithi kumakhosikazi akho: "Uma nilangazelela impilo yasemhlabeni nobuhle bawo; wozani nginixoshise bese nginikhulula ngesihle [sihlukane]".

وَإِن كُنتُنَّ تُرِدْنَ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ وَٱلدَّارَ ٱلْـَٔاخِرَةَ فَإِنَّ ٱللَّهَ أَعَدَّ لِلْمُحْسِنَٰتِ مِنكُنَّ أَجْرًا عَظِيمًا ﴿٢٩﴾

29. Kepha uma nilangazelela u Allah neSithunywa saKhe nomuzi wakwelizayo; impela u Allah ulungiselele labo abenza okulungileyo kini umvuzo omkhulu.

يَٰنِسَآءَ ٱلنَّبِىِّ مَن يَأْتِ مِنكُنَّ بِفَٰحِشَةٍ مُّبَيِّنَةٍ يُضَٰعَفْ لَهَا ٱلْعَذَابُ ضِعْفَيْنِ ۚ وَكَانَ ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ يَسِيرًا ﴿٣٠﴾

30. Bafazi beSithunywa, lowo oyokwenza amanyala asobala phakathi, uyophinda phindelwa isijeziso kabili. Futhi lokho kulula ku Allah.

* وَمَن يَقْنُتْ مِنكُنَّ لِلَّهِ وَرَسُولِهِۦ وَتَعْمَلْ صَٰلِحًا نُّؤْتِهَآ أَجْرَهَا مَرَّتَيْنِ وَأَعْتَدْنَا لَهَا رِزْقًا كَرِيمًا ﴿٣١﴾

31. Futhi lowo phakathi kwenu ozothobela u Allah neSithunywa saKhe aphinde enze okulungileyo; sizomnika umvuzo wakhe uphindwe kabili futhi silungisele isidlo esihle [kwelizayo].

يَٰنِسَآءَ ٱلنَّبِيِّ لَسْتُنَّ كَأَحَدٍ مِّنَ ٱلنِّسَآءِ إِنِ ٱتَّقَيْتُنَّ فَلَا تَخْضَعْنَ بِٱلْقَوْلِ فَيَطْمَعَ ٱلَّذِى فِى قَلْبِهِۦ مَرَضٌ وَقُلْنَ قَوْلًا مَّعْرُوفًا ﴿٣٢﴾

32. Bafazi beSithunywa, nina anifani nabanye abafazi. Uma nithobela u Allah, ningehlisi kakhulu izwi lapho nikhuluma, funa lowo onesifo enhlizweni yakhe abe nokukhanuka. Futhi nikhulume inkulumo eqotho.

وَقَرْنَ فِى بُيُوتِكُنَّ وَلَا تَبَرَّجْنَ تَبَرُّجَ ٱلْجَٰهِلِيَّةِ ٱلْأُولَىٰ ۖ وَأَقِمْنَ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتِينَ ٱلزَّكَوٰةَ وَأَطِعْنَ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥٓ ۚ إِنَّمَا يُرِيدُ ٱللَّهُ لِيُذْهِبَ عَنكُمُ ٱلرِّجْسَ أَهْلَ ٱلْبَيْتِ وَيُطَهِّرَكُمْ تَطْهِيرًا ﴿٣٣﴾

33. Futhi nihlale emizini yenu ningalokho niveza ubuhle benu njengasesikhathini sobuwula [ngaphambi kwe Isilamu]. Futhi niqikelele ukwenza iswala nikhiphe nezakati niphinde nilalele u Allah neSithunywa saKhe. U Allah ufuna nje kuphela ukususa impambuko kini bantu basendlini [yeSithunywa] nokuthi anihlanzisise.

وَٱذْكُرْنَ مَا يُتْلَىٰ فِى بُيُوتِكُنَّ مِنْ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ وَٱلْحِكْمَةِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ لَطِيفًا خَبِيرًا ﴿٣٤﴾

34. Futhi nikhumbule imibiko ka Allah nobuhlakani okufunda ezindlini zenu; impela u Allah Unesineke Unolwazi.

إِنَّ ٱلْمُسْلِمِينَ وَٱلْمُسْلِمَٰتِ وَٱلْمُؤْمِنِينَ وَٱلْمُؤْمِنَٰتِ وَٱلْقَٰنِتِينَ وَٱلْقَٰنِتَٰتِ وَٱلصَّٰدِقِينَ وَٱلصَّٰدِقَٰتِ وَٱلصَّٰبِرِينَ وَٱلصَّٰبِرَٰتِ وَٱلْخَٰشِعِينَ وَٱلْخَٰشِعَٰتِ وَٱلْمُتَصَدِّقِينَ وَٱلْمُتَصَدِّقَٰتِ وَٱلصَّٰٓئِمِينَ وَٱلصَّٰٓئِمَٰتِ وَٱلْحَٰفِظِينَ فُرُوجَهُمْ وَٱلْحَٰفِظَٰتِ وَٱلذَّٰكِرِينَ ٱللَّهَ كَثِيرًا وَٱلذَّٰكِرَٰتِ أَعَدَّ ٱللَّهُ لَهُم مَّغْفِرَةً وَأَجْرًا عَظِيمًا ﴿٣٥﴾

35. Impela abesilisa abangamaMusilimu nabesifazane, nabesilisa abakholwayo nabesifazane, nabesilisa abazithobayo nabesifazane, nabesilisa abaneqiniso nabesifazane, nabesilisa ababekezelelayo nabesifazane, nabesilisa abasabayo nabesifazane, nabesilisa abanikelayo nabesifazane, nabesilisa abazilayo nabesifazane, nabesilisa abavikela izitho

zabo zangasese nabesifazane, nabesilisa abakhumbula u Allah kakhulu nabesifazane; u Allah ubalungiselele intethelelo nomvuzo omkhulu.

وَمَا كَانَ لِمُؤْمِنٍ وَلَا مُؤْمِنَةٍ إِذَا قَضَى ٱللَّهُ وَرَسُولُهُۥٓ أَمْرًا أَن يَكُونَ لَهُمُ ٱلْخِيَرَةُ مِنْ أَمْرِهِمْ ۗ وَمَن يَعْصِ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ فَقَدْ ضَلَّ ضَلَٰلًا مُّبِينًا ﴿٣٦﴾

36. Futhi owesilisa okholwayo nowesifazane angeke babe nombono wabo emuva kokuba u Allah esekhiphe umyalelo kanjalo neSithunywa saKhe; lowo ongalaleli u Allah neSithunywa saKhe, impela uduke ukuduka okusobala.

وَإِذْ تَقُولُ لِلَّذِىٓ أَنْعَمَ ٱللَّهُ عَلَيْهِ وَأَنْعَمْتَ عَلَيْهِ أَمْسِكْ عَلَيْكَ زَوْجَكَ وَٱتَّقِ ٱللَّهَ وَتُخْفِى فِى نَفْسِكَ مَا ٱللَّهُ مُبْدِيهِ وَتَخْشَى ٱلنَّاسَ وَٱللَّهُ أَحَقُّ أَن تَخْشَىٰهُ ۖ فَلَمَّا قَضَىٰ زَيْدٌ مِّنْهَا وَطَرًا زَوَّجْنَٰكَهَا لِكَىْ لَا يَكُونَ عَلَى ٱلْمُؤْمِنِينَ حَرَجٌ فِىٓ أَزْوَٰجِ أَدْعِيَآئِهِمْ إِذَا قَضَوْا۟ مِنْهُنَّ وَطَرًا ۚ وَكَانَ أَمْرُ ٱللَّهِ مَفْعُولًا ﴿٣٧﴾

37. Futhi khumbula mhla uthi kulowo u Allah ambusisile nawe wamenzela umusa: "Gcina umkakho ungamdedeli". Kulapho ufihle ngaphakathi kuwe lokho u Allah ayezokuveza obala futhi wesaba abantu kepha ngu Allah okumele umesabe. Kuthe lapho uZayidi ehlukanisa naye [umkakhe], samshadisa wena; ukuze abakholwayo banganqeni [besaba icala] ukushada abafazi bezingane zabo abazitholile uma sezahlukanisile nabo. Futhi umyalelo ka Allah uyenzeka.

مَّا كَانَ عَلَى ٱلنَّبِىِّ مِنْ حَرَجٍ فِيمَا فَرَضَ ٱللَّهُ لَهُۥ ۖ سُنَّةَ ٱللَّهِ فِى ٱلَّذِينَ خَلَوْا۟ مِن قَبْلُ ۚ وَكَانَ أَمْرُ ٱللَّهِ قَدَرًا مَّقْدُورًا ﴿٣٨﴾

38. iSithunywa asinacala kulokho u Allah asinqumele kona; phela inkambiso ka Allah nakulabo asebandlula. Futhi umyalelo ka Allah kunqunyiwe ukuba wenzeke.

39. Labo abadlulisela imibiko ka Allah futhi mabesabe, bengasabi muntu ngaphandle kuka Allah; futhi u Allah wenele njengomehluleli.

ٱلَّذِينَ يُبَلِّغُونَ رِسَٰلَٰتِ ٱللَّهِ وَيَخْشَوْنَهُۥ وَلَا يَخْشَوْنَ أَحَدًا إِلَّا ٱللَّهَ ۗ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ حَسِيبًا ﴿٣٩﴾

40. U Muhamadi akasiye ubaba wendoda phakathi kwenu; kepha uyiSithunywa sika Allah noMembulelwa wokugcina. Futhi u Allah wazi yonke into.

مَّا كَانَ مُحَمَّدٌ أَبَآ أَحَدٍ مِّن رِّجَالِكُمْ وَلَٰكِن رَّسُولَ ٱللَّهِ وَخَاتَمَ ٱلنَّبِيِّـۧنَ ۗ وَكَانَ ٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمًا ﴿٤٠﴾

41. Nina enikholwayo, khumbulani u Allah kakhulu.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱذْكُرُوا۟ ٱللَّهَ ذِكْرًا كَثِيرًا ﴿٤١﴾

42. Niphinde nimdumise ekuseni nantambama.

وَسَبِّحُوهُ بُكْرَةً وَأَصِيلًا ﴿٤٢﴾

43. NguYena lona oningamela ngomusa waKhe nezingelosi zaKhe ziyanikhulekela; ukuze anikhiphe ebumnyameni anise ekukhanyeni; futhi unesihawu kwabakholwayo.

هُوَ ٱلَّذِى يُصَلِّى عَلَيْكُمْ وَمَلَٰٓئِكَتُهُۥ لِيُخْرِجَكُم مِّنَ ٱلظُّلُمَٰتِ إِلَى ٱلنُّورِ ۚ وَكَانَ بِٱلْمُؤْمِنِينَ رَحِيمًا ﴿٤٣﴾

44. Ukubingelelana kwabo ngosuku lapho beyohlangana naYe, kuyoba "ukuthula"; futhi ubalungiselele umvuzo omkhulu.

تَحِيَّتُهُمْ يَوْمَ يَلْقَوْنَهُۥ سَلَٰمٌ ۚ وَأَعَدَّ لَهُمْ أَجْرًا كَرِيمًا ﴿٤٤﴾

45. Sithunywa, impela sikuthumele ukuba ube ufakazi nomethuli wezindaba ezinhle nomexwayisi.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِىُّ إِنَّآ أَرْسَلْنَٰكَ شَٰهِدًا وَمُبَشِّرًا وَنَذِيرًا ﴿٤٥﴾

46. Nomemela ku Allah ngemvumo yaKhe nokuthi ube isibani esikhanyisayo.

وَدَاعِيًا إِلَى ٱللَّهِ بِإِذْنِهِۦ وَسِرَاجًا مُّنِيرًا ﴿٤٦﴾

47. Futhi halalisela abakholwayo ngokuthi bayothola umusa omkhulu ovela ku Allah.

وَبَشِّرِ ٱلْمُؤْمِنِينَ بِأَنَّ لَهُم مِّنَ ٱللَّهِ فَضْلًا كَبِيرًا ﴿٤٧﴾

وَلَا تُطِعِ ٱلْكَٰفِرِينَ وَٱلْمُنَٰفِقِينَ وَدَعْ أَذَىٰهُمْ وَتَوَكَّلْ عَلَى ٱللَّهِ ۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ وَكِيلًا ﴿٤٨﴾

48. Futhi ungalaleli abangakholwa nabazenzisi futhi ungabi nendaba ngokuhlukumeza kwabo, uthembele ku Allah; futhi u Allah wanele njengoMnakekeli.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِذَا نَكَحْتُمُ ٱلْمُؤْمِنَٰتِ ثُمَّ طَلَّقْتُمُوهُنَّ مِن قَبْلِ أَن تَمَسُّوهُنَّ فَمَا لَكُمْ عَلَيْهِنَّ مِنْ عِدَّةٍ تَعْتَدُّونَهَا ۖ فَمَتِّعُوهُنَّ وَسَرِّحُوهُنَّ سَرَاحًا جَمِيلًا ﴿٤٩﴾

49. Nina enikholwayo, uma nishada abesimame abakholwayo bese niyehlukana nabo ngaphambi kokuthi nibathinte; asikho isidingo sokuba banizindele. Baxoshiseni futhi nibakhulule ngesihle.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِىُّ إِنَّآ أَحْلَلْنَا لَكَ أَزْوَٰجَكَ ٱلَّٰتِىٓ ءَاتَيْتَ أُجُورَهُنَّ وَمَا مَلَكَتْ يَمِينُكَ مِمَّآ أَفَآءَ ٱللَّهُ عَلَيْكَ وَبَنَٰتِ عَمِّكَ وَبَنَٰتِ عَمَّٰتِكَ وَبَنَٰتِ خَالِكَ وَبَنَٰتِ خَٰلَٰتِكَ ٱلَّٰتِى هَاجَرْنَ مَعَكَ وَٱمْرَأَةً مُّؤْمِنَةً إِن وَهَبَتْ نَفْسَهَا لِلنَّبِىِّ إِنْ أَرَادَ ٱلنَّبِىُّ أَن يَسْتَنكِحَهَا خَالِصَةً لَّكَ مِن دُونِ ٱلْمُؤْمِنِينَ ۖ قَدْ عَلِمْنَا مَا فَرَضْنَا عَلَيْهِمْ فِىٓ أَزْوَٰجِهِمْ وَمَا مَلَكَتْ أَيْمَٰنُهُمْ لِكَيْلَا يَكُونَ عَلَيْكَ حَرَجٌ ۗ وَكَانَ ٱللَّهُ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿٥٠﴾

50. Sithunywa, impela sikuvumele [ukuba ushade] amakhosikazi akho lawa owanike izimfanelo zawo kanjalo nezigqila [amabibi] lezo u Allah akulethele zona, namadodakazi kamfowabo nawodadewabo bakayihlo, nakamalume wakho nawodadewabo bakanyoko; lawa afuduke kanye nawe nowesimame okholwayo uma ezethula kuSithunywa uma ukuthi siyafuna ukumshada; kuwe kuphela ngaphandle kwabakholwayo – siyakwazi lokhu esibanqumele kona mayelana namakhosikazi abo – ukuze wena ungabi nokunqena. Futhi u Allah unguMthetheleli Onesihawu.

51. Uqhelisa omthandayo futhi usondeze kuwe omthandayo. Futhi lowo ofuna ukumsondeza kulowo omqhelisile awunacala. Lokho yikona okungabenza bonke bajabule futhi baneliseke ngalokho obanika kona. U Allah ukwazi kahle okusezinhlizweni zenu; futhi u Allah Uyazi Ubobubele.

52. Unqatshelwe [ushada abanye] abafazi emuva kwalokho nokuthi uthathe abanye esikhundleni sabo; noma kungakukhanga kangakanani ubuhle babo, ngaphandle uma beyizigqila zakho [amabibi]. Futhi u Allah uziqhaphe zonke izinto.

53. Nina enikholwayo, ningangeni emizini yeSithunywa; ngaphandle uma nimenyelwe ekudleni, ningalindi kuze kuvuthwe[1]. Kodwa uma nimenyiwe, ngenani; uma seniqedile ukudla niphume futhi ningalibali ukukhuluma. Ngokuba lokho kusiphatha kabi iSithunywa; bese siba namahloni [okunixosha]; kepha u Allah akanamahloni ngeqiniso. Futhi uma niwabuza [amakhosikazi eSithunywa] izinto, wabuzeni ningemuva kwesithiyo. Lokho yikona okuhlanzekile ezinhlizweni

* تُرْجِى مَن تَشَآءُ مِنْهُنَّ وَتُـْٔوِىٓ
إِلَيْكَ مَن تَشَآءُ ۖ وَمَنِ ٱبْتَغَيْتَ مِمَّنْ
عَزَلْتَ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْكَ ۚ ذَٰلِكَ أَدْنَىٰٓ
أَن تَقَرَّ أَعْيُنُهُنَّ وَلَا يَحْزَنَّ وَيَرْضَيْنَ
بِمَآ ءَاتَيْتَهُنَّ كُلُّهُنَّ ۚ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ مَا فِى
قُلُوبِكُمْ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلِيمًا حَلِيمًا ﴿٥١﴾

لَّا يَحِلُّ لَكَ ٱلنِّسَآءُ مِنۢ بَعْدُ وَلَآ أَن
تَبَدَّلَ بِهِنَّ مِنْ أَزْوَٰجٍ وَلَوْ أَعْجَبَكَ
حُسْنُهُنَّ إِلَّا مَا مَلَكَتْ يَمِينُكَ ۗ وَكَانَ
ٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ رَّقِيبًا ﴿٥٢﴾

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تَدْخُلُوا۟ بُيُوتَ
ٱلنَّبِىِّ إِلَّآ أَن يُؤْذَنَ لَكُمْ إِلَىٰ طَعَامٍ
غَيْرَ نَٰظِرِينَ إِنَىٰهُ وَلَٰكِنْ إِذَا دُعِيتُمْ
فَٱدْخُلُوا۟ فَإِذَا طَعِمْتُمْ فَٱنتَشِرُوا۟ وَلَا
مُسْتَـْٔنِسِينَ لِحَدِيثٍ ۚ إِنَّ ذَٰلِكُمْ كَانَ
يُؤْذِى ٱلنَّبِىَّ فَيَسْتَحْىِۦ مِنكُمْ ۖ وَٱللَّهُ
لَا يَسْتَحْىِۦ مِنَ ٱلْحَقِّ ۚ وَإِذَا سَأَلْتُمُوهُنَّ
مَتَٰعًا فَسْـَٔلُوهُنَّ مِن وَرَآءِ حِجَابٍ ۚ
ذَٰلِكُمْ أَطْهَرُ لِقُلُوبِكُمْ وَقُلُوبِهِنَّ ۚ وَمَا
كَانَ لَكُمْ أَن تُؤْذُوا۟ رَسُولَ ٱللَّهِ وَلَآ أَن
تَنكِحُوٓا۟ أَزْوَٰجَهُۥ مِنۢ بَعْدِهِۦٓ أَبَدًا ۚ إِنَّ
ذَٰلِكُمْ كَانَ عِندَ ٱللَّهِ عَظِيمًا ﴿٥٣﴾

1 okusho ukuthi, ningasheshi nifike kungakavuthwa ukuze ningalokhu nihlelinilindile.

zenu nasezinhlizweni zawo. Futhi akumele nihlukumeze iSithunywa sika Allah noma nishade amakhosikazi aso emuva kwaso nhlobo. Ngokuba lokho ku Allah kuyinto enkulu.

إِن تُبْدُواْ شَيْـًٔا أَوْ تُخْفُوهُ فَإِنَّ ٱللَّهَ كَانَ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمًا ﴿٥٤﴾

54. Uma niveza obala okuthile noma nikufihla; impela u Allah uyazi yonke into.

لَّا جُنَاحَ عَلَيْهِنَّ فِىٓ ءَابَآئِهِنَّ وَلَآ أَبْنَآئِهِنَّ وَلَآ إِخْوَٰنِهِنَّ وَلَآ أَبْنَآءِ إِخْوَٰنِهِنَّ وَلَآ أَبْنَآءِ أَخَوَٰتِهِنَّ وَلَا نِسَآئِهِنَّ وَلَا مَا مَلَكَتْ أَيْمَٰنُهُنَّ ۚ وَٱتَّقِينَ ٱللَّهَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ شَهِيدًا ﴿٥٥﴾

55. Awanacala [amakhosikazi eSithunywa] uma bebonwa oyise noma amadodana awo noma abafowabo noma amadodana abafowabo noma amadodana odadewabo noma abafazi bakubo [ngenkolo] noma izigqila zawo. Futhi nithobele u Allah; impela u Allah uzibheke zonke izinto.

إِنَّ ٱللَّهَ وَمَلَٰٓئِكَتَهُۥ يُصَلُّونَ عَلَى ٱلنَّبِىِّ ۚ يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ صَلُّواْ عَلَيْهِ وَسَلِّمُواْ تَسْلِيمًا ﴿٥٦﴾

56. Impela u Allah wengamela iSithunywa ngomusa kanjalo nezingelosi zaKhe [ziyasicelela wona]; nina enikholwayo, siceleleni umusa futhi nisicelele ukuthula.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يُؤْذُونَ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ لَعَنَهُمُ ٱللَّهُ فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةِ وَأَعَدَّ لَهُمْ عَذَابًا مُّهِينًا ﴿٥٧﴾

57. Impela laba abahlukumeza u Allah neSithunywa saKhe; u Allah uyobaqalekisa emhlabeni nakwelizayo aphinde abalungiselele isijeziso esihlazayo.

وَٱلَّذِينَ يُؤْذُونَ ٱلْمُؤْمِنِينَ وَٱلْمُؤْمِنَٰتِ بِغَيْرِ مَا ٱكْتَسَبُواْ فَقَدِ ٱحْتَمَلُواْ بُهْتَٰنًا وَإِثْمًا مُّبِينًا ﴿٥٨﴾

58. Futhi labo abahlukumeza abesilisa nabesimame abakholwayo ngento abangayenzanga, impela basuke beqambe amanga luhlaza benza nempabuko esobala.

59. Sithunywa, tshela amakhosikazi akho namadodakazi akho namakhosikazi abakholwayo ukuba mabazimboze ngezambatho ezivala umzimba wonke. Lokho kwenza kube lula ukuba baziwe ukuze bangahlukunyezwa; futhi u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِيُّ قُل لِّأَزۡوَٰجِكَ وَبَنَاتِكَ وَنِسَآءِ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ يُدۡنِينَ عَلَيۡهِنَّ مِن جَلَٰبِيبِهِنَّۚ ذَٰلِكَ أَدۡنَىٰٓ أَن يُعۡرَفۡنَ فَلَا يُؤۡذَيۡنَۗ وَكَانَ ٱللَّهُ غَفُورٗا رَّحِيمٗا ٥٩

60. Uma abazenzisi nalabo abanesifo ezinhlizweni zabo nalabo abafafaza amanga eMadina bengaphezi, sizokuyalela ngabo [ukuba ubajezise] bese bengasakhelani nawe ngaphandle nje okwesikhashana.

* لَّئِن لَّمۡ يَنتَهِ ٱلۡمُنَٰفِقُونَ وَٱلَّذِينَ فِي قُلُوبِهِم مَّرَضٞ وَٱلۡمُرۡجِفُونَ فِي ٱلۡمَدِينَةِ لَنُغۡرِيَنَّكَ بِهِمۡ ثُمَّ لَا يُجَاوِرُونَكَ فِيهَآ إِلَّا قَلِيلٗا ٦٠

61. Baqalekisiwe, yonke indawo lapho abaya khona bayobanjwa babulawe.

مَّلۡعُونِينَۖ أَيۡنَمَا ثُقِفُوٓاْ أُخِذُواْ وَقُتِّلُواْ تَقۡتِيلٗا ٦١

62. Inkambiso ka Allah nalulabo asebandlula. Futhi alikho ilalela oyilitholela inkambiso ka Allah.

سُنَّةَ ٱللَّهِ فِي ٱلَّذِينَ خَلَوۡاْ مِن قَبۡلُۖ وَلَن تَجِدَ لِسُنَّةِ ٱللَّهِ تَبۡدِيلٗا ٦٢

63. Abantu bakubuza ngeSikhathi [sokwahlulela], yithi: "u Allah kuphela onolwazi ngaso". Wazi ngani, mhlawumbe iSikhathi sesiseduze.

يَسۡـَٔلُكَ ٱلنَّاسُ عَنِ ٱلسَّاعَةِۖ قُلۡ إِنَّمَا عِلۡمُهَا عِندَ ٱللَّهِۚ وَمَا يُدۡرِيكَ لَعَلَّ ٱلسَّاعَةَ تَكُونُ قَرِيبًا ٦٣

64. Impela ubaqalekisile laba bangakholwa futhi wabalungiselela umlilo.

إِنَّ ٱللَّهَ لَعَنَ ٱلۡكَٰفِرِينَ وَأَعَدَّ لَهُمۡ سَعِيرًا ٦٤

65. Bayobhadla kuwo unaphakade, abayikuthola mhlengi noma oyobasiza.

خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدٗاۖ لَّا يَجِدُونَ وَلِيّٗا وَلَا نَصِيرٗا ٦٥

66. Ngosuku lapho ubuso babo buyobe buphendulwa emlilweni, belokhu bethi: "Sifisa ngabe salalela u Allah salalela neSithunywa.

يَوْمَ تُقَلَّبُ وُجُوهُهُمْ فِي ٱلنَّارِ يَقُولُونَ يَٰلَيْتَنَآ أَطَعْنَا ٱللَّهَ وَأَطَعْنَا ٱلرَّسُولَا۠ ﴿٦٦﴾

67. Futhi bayothi: "Nkosi yethu, thina salalela abaholi bethu nezikhulu zethu, basidukisa endleleni".

وَقَالُوا۟ رَبَّنَآ إِنَّآ أَطَعْنَا سَادَتَنَا وَكُبَرَآءَنَا فَأَضَلُّونَا ٱلسَّبِيلَا۠ ﴿٦٧﴾

68. Nkosi yethu, bajezise ngesijeziso esiphindwe kabili uphinde ubaqalekise ngesiqalekiso esikhulu.

رَبَّنَآ ءَاتِهِمْ ضِعْفَيْنِ مِنَ ٱلْعَذَابِ وَٱلْعَنْهُمْ لَعْنًا كَبِيرًا ﴿٦٨﴾

69. Nina enikholwayo, ningabi njengalaba abaphatha kabi uMusa, futhi u Allah wamkhulula kulokho ababekusho. Futhi wayehloniphekile ku Allah.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تَكُونُوا۟ كَٱلَّذِينَ ءَاذَوْا۟ مُوسَىٰ فَبَرَّأَهُ ٱللَّهُ مِمَّا قَالُوا۟ ۚ وَكَانَ عِندَ ٱللَّهِ وَجِيهًا ﴿٦٩﴾

70. Nina enikholwayo, thobelani u Allah nikhulume inkulumo eqotho.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَقُولُوا۟ قَوْلًا سَدِيدًا ﴿٧٠﴾

71. Uyonilungisela izenzo [zibe qotho] aphinde anithethelele izimpambuko zenu. Futhi lowo olalela u Allah neSithunywa saKhe, impela uphumelele impumelelo enkulu.

يُصْلِحْ لَكُمْ أَعْمَٰلَكُمْ وَيَغْفِرْ لَكُمْ ذُنُوبَكُمْ ۗ وَمَن يُطِعِ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ فَقَدْ فَازَ فَوْزًا عَظِيمًا ﴿٧١﴾

72. Impela sathwesa amazulu nomhlaba nezintaba umthwalo [wokugcina intando ka Allah] zenqaba ukuwuthwala zawesaba, kepha umuntu wawuthwala; impela akanabulungiswa uyisiwula.

إِنَّا عَرَضْنَا ٱلْأَمَانَةَ عَلَى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَٱلْجِبَالِ فَأَبَيْنَ أَن يَحْمِلْنَهَا وَأَشْفَقْنَ مِنْهَا وَحَمَلَهَا ٱلْإِنسَٰنُ ۖ إِنَّهُۥ كَانَ ظَلُومًا جَهُولًا ﴿٧٢﴾

لِّيُعَذِّبَ ٱللَّهُ ٱلْمُنَٰفِقِينَ وَٱلْمُنَٰفِقَٰتِ وَٱلْمُشْرِكِينَ وَٱلْمُشْرِكَٰتِ وَيَتُوبَ ٱللَّهُ عَلَى ٱلْمُؤْمِنِينَ وَٱلْمُؤْمِنَٰتِ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿٧٣﴾

73. Ukuze u Allah ajezise abesilisa nabesifazane abangabazenzisi nabesilisa nabesifazane abakhonza izithixo. Nokuthi u Allah athethelele abesilisa nabesifazane abakholwayo; futhi u Allah unguMthetheleli Onesihawu.

(34) SURA SABA'
ABASESABA'

سُورَةُ سَبَإٍ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Udumo ngoluka Allah, lona konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe, futhi udumo ngolwaKhe nakwelizayo; nguYena Okhaliphile Onolwazi.

ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ ٱلَّذِى لَهُۥ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ وَلَهُ ٱلْحَمْدُ فِى ٱلْءَاخِرَةِ ۚ وَهُوَ ٱلْحَكِيمُ ٱلْخَبِيرُ ﴿١﴾

2. Wazi okungena emhlabeni nokuphuma kuwo, nokwehla phezulu esibhakabhakeni nokunyukelakuso; futhi nguYena Onesihawu Ongumthetheleli.

يَعْلَمُ مَا يَلِجُ فِى ٱلْأَرْضِ وَمَا يَخْرُجُ مِنْهَا وَمَا يَنزِلُ مِنَ ٱلسَّمَآءِ وَمَا يَعْرُجُ فِيهَا ۚ وَهُوَ ٱلرَّحِيمُ ٱلْغَفُورُ ﴿٢﴾

3. Laba abangakholwa bathi: "iSikhathi [sokwahlulela] ngeke sifike kithi". Yithi: "Nakanjani siyofika kini ngiyifunge iNkosi yami eyazi okungabonwayo; akaphuthwa ngisho okungalingana nohlamvana emazulwini nasemhlabeni nokuncane kunalokho kanjalo nokukhulu; konke kuqoshwe eNcwadini ecacisayo [uQwembe].

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لَا تَأْتِينَا ٱلسَّاعَةُ ۖ قُلْ بَلَىٰ وَرَبِّى لَتَأْتِيَنَّكُمْ عَٰلِمِ ٱلْغَيْبِ ۖ لَا يَعْزُبُ عَنْهُ مِثْقَالُ ذَرَّةٍ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَلَا فِى ٱلْأَرْضِ وَلَآ أَصْغَرُ مِن ذَٰلِكَ وَلَآ أَكْبَرُ إِلَّا فِى كِتَٰبٍ مُّبِينٍ ﴿٣﴾

4. Ukuze anike labo abakholwayo nabenza okulungileyo imivuzo yabo. Yilabo abazothola intethelelo nesondlo esihle.

لِّيَجْزِىَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ لَهُم مَّغْفِرَةٌ وَرِزْقٌ كَرِيمٌ ﴿٤﴾

وَٱلَّذِينَ سَعَوۡ فِيٓ ءَايَٰتِنَا مُعَٰجِزِينَ
أُوْلَٰٓئِكَ لَهُمۡ عَذَابٞ مِّن رِّجۡزٍ أَلِيمٞ ٥

5. Futhi laba abazikhandla ekuchitheni imibiko yeThu; labo bayothola isijeziso esibuhlungu esinzima impela.

وَيَرَى ٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلۡعِلۡمَ ٱلَّذِيٓ أُنزِلَ
إِلَيۡكَ مِن رَّبِّكَ هُوَ ٱلۡحَقَّ وَيَهۡدِيٓ إِلَىٰ
صِرَٰطِ ٱلۡعَزِيزِ ٱلۡحَمِيدِ ٦

6. Futhi labo abanikwa ulwazi [osolwazi] bakubona kuyiqiniso lokhu okwembulelwe kuwe kuvela eNkosini yakho futhi kuholela endleleni kaSomandla Odunyiswayo.

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ هَلۡ نَدُلُّكُمۡ عَلَىٰ
رَجُلٖ يُنَبِّئُكُمۡ إِذَا مُزِّقۡتُمۡ كُلَّ مُمَزَّقٍ
إِنَّكُمۡ لَفِي خَلۡقٖ جَدِيدٍ ٧

7. Futhi laba abangakholwa bathi: "Ake sinibonise indoda mphini ezonitshela ukuthi uma seniyizicubu, impela niyophinde nidalwe kabusha".

أَفۡتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا أَم بِهِۦ جِنَّةُۢۗ بَلِ
ٱلَّذِينَ لَا يُؤۡمِنُونَ بِٱلۡأٓخِرَةِ فِي ٱلۡعَذَابِ
وَٱلضَّلَٰلِ ٱلۡبَعِيدِ ٨

8. Ingabe uqambela u Allah amanga kumbe uyahlanya. Empeleni laba abangakholwa kwelizayo bayojezisa futhi badukile impela.

أَفَلَمۡ يَرَوۡاْ إِلَىٰ مَا بَيۡنَ أَيۡدِيهِمۡ وَمَا
خَلۡفَهُم مِّنَ ٱلسَّمَآءِ وَٱلۡأَرۡضِۚ إِن نَّشَأۡ
نَخۡسِفۡ بِهِمُ ٱلۡأَرۡضَ أَوۡ نُسۡقِطۡ عَلَيۡهِمۡ
كِسَفٗا مِّنَ ٱلسَّمَآءِۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَةٗ
لِّكُلِّ عَبۡدٖ مُّنِيبٖ ٩

9. Abakuboni yini lokhu okuphambi kwabo nokusemuva kwabo na? Uma sithanda singabagwinyisa ngomhlaba noma sibehlisele izicucu esivela phezulu. Impela kulokho kunezi bonakaliso kulowo nalowo oyisigqila esizilahlayo.

۞ وَلَقَدۡ ءَاتَيۡنَا دَاوُۥدَ مِنَّا فَضۡلٗاۖ
يَٰجِبَالُ أَوِّبِي مَعَهُۥ وَٱلطَّيۡرَۖ وَأَلَنَّا لَهُ
ٱلۡحَدِيدَ ١٠

10. Sanika uDawudi umusa ovela kithi [sathi: "Zintaba nezinyoni dumisani Kanye naye"; futhi samthambisela insimbi.

11. [Sathi]: "Yenza izembatho zensimbi ezivulekile futhi ucophelele ukwenza izihlanaganiso ngokulingene [zingabi lula zisheshe zinqamuke nobe zibenkulu zisinde].

أَنِ ٱعۡمَلۡ سَٰبِغَٰتٖ وَقَدِّرۡ فِي ٱلسَّرۡدِۖ وَٱعۡمَلُواْ صَٰلِحًاۖ إِنِّي بِمَا تَعۡمَلُونَ بَصِيرٞ ١١

12. Futhi samhlinzeka uSulayimani ngomoya, onqamula ekuseni ibanga elithatha inyanga eyodwa kanjalo nantambama unqamula ibanga elithatha inyanga yonke. Futhi samenzela ithusi [lawuketshezi] lageleza emthonjeni. Futhi bekunamajini asebenza ngaphambi kwakhe ngemvumo yeNkosi yakhe; lowo kuwo ophaphalazayo emyalelweni weThu simzwisa isijeziso somlilo.

وَلِسُلَيۡمَٰنَ ٱلرِّيحَ غُدُوُّهَا شَهۡرٞ وَرَوَاحُهَا شَهۡرٞۖ وَأَسَلۡنَا لَهُۥ عَيۡنَ ٱلۡقِطۡرِۖ وَمِنَ ٱلۡجِنِّ مَن يَعۡمَلُ بَيۡنَ يَدَيۡهِ بِإِذۡنِ رَبِّهِۦۖ وَمَن يَزِغۡ مِنۡهُمۡ عَنۡ أَمۡرِنَا نُذِقۡهُ مِنۡ عَذَابِ ٱلسَّعِيرِ ١٢

13. Babemenzela noma yini ayifunayo, kungaba amagumbi nezithombe nezitsha [ezinkulu] ezifana nabachibi amanzi namabhoswe amakhulu anganyakazi. Mndeni kaDawudi, sebenzani ngokubonga, futhi bayidlanzana ezigqileni zaMi ababongayo.

يَعۡمَلُونَ لَهُۥ مَا يَشَآءُ مِن مَّحَٰرِيبَ وَتَمَٰثِيلَ وَجِفَانٖ كَٱلۡجَوَابِ وَقُدُورٖ رَّاسِيَٰتٍۚ ٱعۡمَلُوٓاْ ءَالَ دَاوُۥدَ شُكۡرٗاۚ وَقَلِيلٞ مِّنۡ عِبَادِيَ ٱلشَّكُورُ ١٣

14. Kwathi lapho sesimnqumele ukuba afe [uSulayimani]; akekho owabakhombisa ukuthi usefile ngaphandle kwesidalwa somhlaba esadla induku yakhe; kuthe lapho ewa bhu phansi, kwawacacela amajini ukuthi ukube

فَلَمَّا قَضَيۡنَا عَلَيۡهِ ٱلۡمَوۡتَ مَا دَلَّهُمۡ عَلَىٰ مَوۡتِهِۦٓ إِلَّا دَآبَّةُ ٱلۡأَرۡضِ تَأۡكُلُ مِنسَأَتَهُۥۖ فَلَمَّا خَرَّ تَبَيَّنَتِ ٱلۡجِنُّ أَن لَّوۡ كَانُواْ يَعۡلَمُونَ ٱلۡغَيۡبَ مَا لَبِثُواْ فِي ٱلۡعَذَابِ ٱلۡمُهِينِ ١٤

ayenalo ulwazi lokungabonwayo ngabe awahlala isikhathi esingaka esijezisweni esihlazayo.

15. Impela isizwe saseSaba'sasine sibonakaliso emizini yaso; izivande ezimbili eziphahlene. Dlanini kusondlo sika Allah futhi nibonge Yena; ninomuzi omuhle neNkosi ethethelelayo.

لَقَدْ كَانَ لِسَبَإٍ فِي مَسْكَنِهِمْ ءَايَةٌ ۖ جَنَّتَانِ عَن يَمِينٍ وَشِمَالٍ ۖ كُلُوا۟ مِن رِّزْقِ رَبِّكُمْ وَٱشْكُرُوا۟ لَهُۥ ۚ بَلْدَةٌ طَيِّبَةٌ وَرَبٌّ غَفُورٌ ﴿١٥﴾

16. Kepha abalalelanga; sathumela kubo isikhukhula esinzima, saguqula izivande zabo ezimbili zaba izivande ezinezithelo ezibabayo nezihlahla ezingatheli nedlanzana lezihlahla zameva.

فَأَعْرَضُوا۟ فَأَرْسَلْنَا عَلَيْهِمْ سَيْلَ ٱلْعَرِمِ وَبَدَّلْنَٰهُم بِجَنَّتَيْهِمْ جَنَّتَيْنِ ذَوَاتَىْ أُكُلٍ خَمْطٍ وَأَثْلٍ وَشَىْءٍ مِّن سِدْرٍ قَلِيلٍ ﴿١٦﴾

17. Lokho sabahlomulisa ngakho ngenxa yokungakholwa kwabo; futhi sijezisa [ngaso] kuphela lowo ongakholwa.

ذَٰلِكَ جَزَيْنَٰهُم بِمَا كَفَرُوا۟ ۖ وَهَلْ نُجَٰزِىٓ إِلَّا ٱلْكَفُورَ ﴿١٧﴾

18. Futhi senza phakathi kwabo nemizi lena esayibusisa kwaba nemizi ebonakalayo [ewuchungechunge], esenza kwabalula ukuhamba kuyo; hambani kuyo [lemizi] ubusuku nemini niphephile.

وَجَعَلْنَا بَيْنَهُمْ وَبَيْنَ ٱلْقُرَى ٱلَّتِى بَٰرَكْنَا فِيهَا قُرًى ظَٰهِرَةً وَقَدَّرْنَا فِيهَا ٱلسَّيْرَ ۖ سِيرُوا۟ فِيهَا لَيَالِىَ وَأَيَّامًا ءَامِنِينَ ﴿١٨﴾

19. Khepha bathi: "Nkosi yethu, yenza kube nabanga elide phakathi kohambo lwethu [qhelelanisa imizi yethu]". Baphambuka, sabe sesibenza isifundo sabahlakaza sabahlakazisisa. Impela kulokho kunezifundo kulowo nalowo obekezelayo [ebunzimeni] nobongayo [ebumnandini].

فَقَالُوا۟ رَبَّنَا بَٰعِدْ بَيْنَ أَسْفَارِنَا وَظَلَمُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ فَجَعَلْنَٰهُمْ أَحَادِيثَ وَمَزَّقْنَٰهُمْ كُلَّ مُمَزَّقٍ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّكُلِّ صَبَّارٍ شَكُورٍ ﴿١٩﴾

وَلَقَدْ صَدَّقَ عَلَيْهِمْ إِبْلِيسُ ظَنَّهُۥ فَٱتَّبَعُوهُ إِلَّا فَرِيقًا مِّنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٢٠﴾

20. Futhi u Ibilisi wafeza isifiso sakhe kubo [sokudukisa uzalo luka Adamu], bamlandela ngaphandle kwedlanzana lalabo abakholwayo.

وَمَا كَانَ لَهُۥ عَلَيْهِم مِّن سُلْطَٰنٍ إِلَّا لِنَعْلَمَ مَن يُؤْمِنُ بِٱلْءَاخِرَةِ مِمَّنْ هُوَ مِنْهَا فِى شَكٍّ ۗ وَرَبُّكَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ حَفِيظٌ ﴿٢١﴾

21. Futhi wayenawo amandla phezu kwabo [okubaphoqa]; sasifuna nje ukuhlunga abakholelwa kwelizayo kulabo ababenongabazane ngalo. Futhi iNkosi yakho iziqhaphe zonke izinto.

قُلِ ٱدْعُوا۟ ٱلَّذِينَ زَعَمْتُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ لَا يَمْلِكُونَ مِثْقَالَ ذَرَّةٍ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَلَا فِى ٱلْأَرْضِ وَمَا لَهُمْ فِيهِمَا مِن شِرْكٍ وَمَا لَهُۥ مِنْهُم مِّن ظَهِيرٍ ﴿٢٢﴾

22. Yithi: "Bizani laba enibaqokile ngaphandle kuka Allah; abanalutho ngisho okungangohlavana abakulawulayo emazulwini nasemhlabeni. Futhi abanasabelo sokubambisana [njengabalingani] kuzo; futhi Yena [u Allah] akanamlekeleli kubo".

وَلَا تَنفَعُ ٱلشَّفَٰعَةُ عِندَهُۥٓ إِلَّا لِمَنْ أَذِنَ لَهُۥ ۚ حَتَّىٰٓ إِذَا فُزِّعَ عَن قُلُوبِهِمْ قَالُوا۟ مَاذَا قَالَ رَبُّكُمْ ۖ قَالُوا۟ ٱلْحَقَّ ۖ وَهُوَ ٱلْعَلِىُّ ٱلْكَبِيرُ ﴿٢٣﴾

23. Futhi ukushweleza kuYe akuyi kusiza ngalutho ngaphandle kwalowo amuphe igunya. Kuyothi lapho izinhliziyo sezigcwele ingebhe bathi: "Itheni iNkosi yenu na?" Bayothi: "Isho iqiniso, futhi iYona Ephakeme Enkulu".

* قُلْ مَن يَرْزُقُكُم مِّنَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ قُلِ ٱللَّهُ ۖ وَإِنَّآ أَوْ إِيَّاكُمْ لَعَلَىٰ هُدًى أَوْ فِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٢٤﴾

24. Yithi: "Ngubani oyonondla emazulwini nasemhlabeni na?" yithi: "Ngu Allah; futhi thina noma nina, sisendleleni eqondile noma sidukile ngokusobala".

25. Yithi: "Angeke nabuzwa ngamacala ethu futhi nathi ngeke sibuzwe ngenikwenzile".

قُل لَّا تُسْـَٔلُونَ عَمَّآ أَجْرَمْنَا وَلَا نُسْـَٔلُ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿٢٥﴾

26. Yithi: "iNkosi yethu iyosibuthanisa bese iyehlulela phakathi kwethu ngeqiniso; phela Yona inguMehluleli Owaziyo".

قُلْ يَجْمَعُ بَيْنَنَا رَبُّنَا ثُمَّ يَفْتَحُ بَيْنَنَا بِٱلْحَقِّ وَهُوَ ٱلْفَتَّاحُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٢٦﴾

27. Yithi: "Ngiboniseni lokhu enikubhangqe naYe [u Allah] njengabalingani". Phinde! Empeleni ungu Allah uSomandla Okhaliphile.

قُلْ أَرُونِىَ ٱلَّذِينَ أَلْحَقْتُم بِهِۦ شُرَكَآءَ كَلَّا ۚ بَلْ هُوَ ٱللَّهُ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٢٧﴾

28. Futhi sikuthumele kusintu sonke ukuze ube umethuli wezindaba ezinhle nomexwayisi; kepha iningi labantu alazi.

وَمَآ أَرْسَلْنَـٰكَ إِلَّا كَآفَّةً لِّلنَّاسِ بَشِيرًا وَنَذِيرًا وَلَـٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٢٨﴾

29. Futhi bathi: "Kanti siyofika nini lesi sithembiso uma ngempela niqinisile".

وَيَقُولُونَ مَتَىٰ هَـٰذَا ٱلْوَعْدُ إِن كُنتُمْ صَـٰدِقِينَ ﴿٢٩﴾

30. Yithi: "Nibekelwe usuku eningeke naluphutha noma niluhambele phambili nangomzuzu."

قُل لَّكُم مِّيعَادُ يَوْمٍ لَّا تَسْتَـْٔخِرُونَ عَنْهُ سَاعَةً وَلَا تَسْتَقْدِمُونَ ﴿٣٠﴾

31. Laba abakholwa bathi: "Asisoze sakholelwa kule Kurani noma lokhu okuyiyandulelayo". Uma ubungabona lapho abaphambukile sememisiwe ngaphambi kweNkosi yabo belokhu beqagulisana ngamazwi; bayothi laba ababecindezelwe kulabo ababeziqhayisa: "Ukube bekungekho ngenxa yenu ngabe saba ngabakholwayo".

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لَن نُّؤْمِنَ بِهَـٰذَا ٱلْقُرْءَانِ وَلَا بِٱلَّذِى بَيْنَ يَدَيْهِ ۗ وَلَوْ تَرَىٰٓ إِذِ ٱلظَّـٰلِمُونَ مَوْقُوفُونَ عِندَ رَبِّهِمْ يَرْجِعُ بَعْضُهُمْ إِلَىٰ بَعْضٍ ٱلْقَوْلَ يَقُولُ ٱلَّذِينَ ٱسْتُضْعِفُوا۟ لِلَّذِينَ ٱسْتَكْبَرُوا۟ لَوْلَآ أَنتُمْ لَكُنَّا مُؤْمِنِينَ ﴿٣١﴾

32. Bayothi laba ababeziqhayisa kulabo ababecindezelwe: "Ingabe yithi esanivimbela ekuholeni mhla kufika kini na?; empeleni beniyizephula mthetho ngokwenu".

قَالَ ٱلَّذِينَ ٱسْتَكْبَرُوا۟ لِلَّذِينَ ٱسْتُضْعِفُوٓا۟ أَنَحْنُ صَدَدْنَٰكُمْ عَنِ ٱلْهُدَىٰ بَعْدَ إِذْ جَآءَكُم ۖ بَلْ كُنتُم مُّجْرِمِينَ ﴿٣٢﴾

33. Bayothi laba ababecindezelwe kulabu ababeziqhayisa: "Kungenxa yamaqhinga obusuku nemini mhla nisiyalela ukuba singakholelwa ku Allah futhi simbhangqe nezimbangi." Bayokufihla ukudangala lapho sebebona isijeziso; futhi siyofaka amasongo ezintanyeni zalabo abangakholwa. Bathola kuphela umvuzo walokho ababekwenza.

وَقَالَ ٱلَّذِينَ ٱسْتُضْعِفُوا۟ لِلَّذِينَ ٱسْتَكْبَرُوا۟ بَلْ مَكْرُ ٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ إِذْ تَأْمُرُونَنَآ أَن نَّكْفُرَ بِٱللَّهِ وَنَجْعَلَ لَهُۥٓ أَندَادًا ۚ وَأَسَرُّوا۟ ٱلنَّدَامَةَ لَمَّا رَأَوُا۟ ٱلْعَذَابَ ۚ وَجَعَلْنَا ٱلْأَغْلَٰلَ فِىٓ أَعْنَاقِ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ۖ هَلْ يُجْزَوْنَ إِلَّا مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٣٣﴾

34. Futhi njalonje uma sithumela umexwayisi esizweni thizeni; iziqumama zakhona zithi: "Impela lokhu enithunywe nakho thina siyakuphika".

وَمَآ أَرْسَلْنَا فِى قَرْيَةٍ مِّن نَّذِيرٍ إِلَّا قَالَ مُتْرَفُوهَآ إِنَّا بِمَآ أُرْسِلْتُم بِهِۦ كَٰفِرُونَ ﴿٣٤﴾

35. Futhi bathi: "Thina sinomcebo nezingane eziningi futhi angeke thina sijeziswe".

وَقَالُوا۟ نَحْنُ أَكْثَرُ أَمْوَٰلًا وَأَوْلَٰدًا وَمَا نَحْنُ بِمُعَذَّبِينَ ﴿٣٥﴾

36. Yithi: "iNkosi yami yabela ngenala isondlo kulowo emthandayo iphinde imswinye; kepha iningi labantu alazi".

قُلْ إِنَّ رَبِّى يَبْسُطُ ٱلرِّزْقَ لِمَن يَشَآءُ وَيَقْدِرُ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٣٦﴾

37. Umcebo wenu nezingane zenu akusikho okunisondeza eduze naThi; ngaphandle kwalowo okholwayo nowenza okulungileyo. Yiboke labo abayothola umvuzo ophinde

وَمَآ أَمْوَٰلُكُمْ وَلَآ أَوْلَٰدُكُم بِٱلَّتِى تُقَرِّبُكُمْ عِندَنَا زُلْفَىٰٓ إِلَّا مَنْ ءَامَنَ وَعَمِلَ صَٰلِحًا فَأُو۟لَٰٓئِكَ لَهُمْ جَزَآءُ ٱلضِّعْفِ بِمَا عَمِلُوا۟ وَهُمْ فِى ٱلْغُرُفَٰتِ ءَامِنُونَ ﴿٣٧﴾

kabili ngenxa yalokho ababekwenza futhi bayohlala bephephile emagunjini [aseJana].

وَٱلَّذِينَ يَسۡعَوۡنَ فِيٓ ءَايَٰتِنَا مُعَٰجِزِينَ أُوْلَٰٓئِكَ فِي ٱلۡعَذَابِ مُحۡضَرُونَ ٣٨

38. Futhi labo abazikhandla ukuchitha imibiko yeThu; yibona labo abafakwa esijezisweni.

قُلۡ إِنَّ رَبِّي يَبۡسُطُ ٱلرِّزۡقَ لِمَن يَشَآءُ مِنۡ عِبَادِهِۦ وَيَقۡدِرُ لَهُۥۚ وَمَآ أَنفَقۡتُم مِّن شَيۡءٖ فَهُوَ يُخۡلِفُهُۥۖ وَهُوَ خَيۡرُ ٱلرَّٰزِقِينَ ٣٩

39. Yithi: "u Allah wabela ngenala isondlo lowo amthandayo ezigqileni zaKhe aphinde amswinyele. Futhi noma yini eniyichithayo [yesondlo], Yena uzonibuyisela kona; futhi unguMondli obendlula bonke".

وَيَوۡمَ يَحۡشُرُهُمۡ جَمِيعٗا ثُمَّ يَقُولُ لِلۡمَلَٰٓئِكَةِ أَهَٰٓؤُلَآءِ إِيَّاكُمۡ كَانُواْ يَعۡبُدُونَ ٤٠

40. Futhingosuku lapho ayobabuthanisa bonke ngothi lwabo bese ethi kuzingelosi: "Ingabe yibonake laba ababekhonza nina na?"

قَالُواْ سُبۡحَٰنَكَ أَنتَ وَلِيُّنَا مِن دُونِهِمۖ بَلۡ كَانُواْ يَعۡبُدُونَ ٱلۡجِنَّۖ أَكۡثَرُهُم بِهِم مُّؤۡمِنُونَ ٤١

41. Ziyothi: "Ungcwele! Nguwena uMnakekeli wethu ngaphandle kwabo. Empeleni babekhonza amajini futhi iningi labo belikholelwa kuwo".

فَٱلۡيَوۡمَ لَا يَمۡلِكُ بَعۡضُكُمۡ لِبَعۡضٖ نَّفۡعٗا وَلَا ضَرّٗا وَنَقُولُ لِلَّذِينَ ظَلَمُواْ ذُوقُواْ عَذَابَ ٱلنَّارِ ٱلَّتِي كُنتُم بِهَا تُكَذِّبُونَ ٤٢

42. Ngakhoke namhlanje akekho onamandla okusiza omunye wenu noma amlimaze. Futhi siyothi kulabo abaphambukile: "Zwanini isijeziso somlilo lesi ebenilokhu nisiphika".

وَإِذَا تُتۡلَىٰ عَلَيۡهِمۡ ءَايَٰتُنَا بَيِّنَٰتٖ قَالُواْ مَا هَٰذَآ إِلَّا رَجُلٞ يُرِيدُ أَن يَصُدَّكُمۡ عَمَّا كَانَ يَعۡبُدُ ءَابَآؤُكُمۡ

43. Uma befundelwa imibiko yeThu acacile bathi: "Lona indoda nje efuna ukunisusa kulokho okwakukhonzwa okhokho benu". Futhi bathi: "Lokhu

[iKurani] amanga aluhlaza aqanjiwe". Futhi bathi laba abangakholwa ngeqiniso lapho lifika kubo: "Lokhu ilumbo elisobala".

وَقَالُواْ مَا هَٰذَآ إِلَّآ إِفْكٌ مُّفْتَرًىۚ وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لِلْحَقِّ لَمَّا جَآءَهُمْ إِنْ هَٰذَآ إِلَّا سِحْرٌ مُّبِينٌ ﴿٤٣﴾

44. Asibanikanga zincwadi ukuba bazifunde futhi asithumelanga mxwayisi[1] kubo ngaphambilini kwakho.

وَمَآ ءَاتَيْنَٰهُم مِّن كُتُبٍ يَدْرُسُونَهَاۖ وَمَآ أَرْسَلْنَآ إِلَيْهِمْ قَبْلَكَ مِن نَّذِيرٍ ﴿٤٤﴾

45. Futhi laba abangaphambi kwabo baphika – futhi bona [abaseMakha] abanaso ngisho isigamu seshumi salokho esabanika kona; baphika iZithunywa zeThu; bheka ukuthi sabanjani isijeziso saMi.

وَكَذَّبَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ وَمَا بَلَغُواْ مِعْشَارَ مَآ ءَاتَيْنَٰهُمْ فَكَذَّبُواْ رُسُلِيۖ فَكَيْفَ كَانَ نَكِيرِ ﴿٤٥﴾

46. Yithi: "Ngineluleka ngento eyodwa, ukuba nibhukule ukujabulisa u Allah ngakubili noma munye ngamunye bese nihlaziya kahle ukuthi, umlingani wenu [uMuhamadi] akahlanyi; ungumexwayisi wenu nje kuphela ngaphambi kkokuba kufike isijeziso esinzima".

* قُلْ إِنَّمَآ أَعِظُكُم بِوَٰحِدَةٍۖ أَن تَقُومُواْ لِلَّهِ مَثْنَىٰ وَفُرَٰدَىٰ ثُمَّ تَتَفَكَّرُواْۚ مَا بِصَاحِبِكُم مِّن جِنَّةٍۚ إِنْ هُوَ إِلَّا نَذِيرٌ لَّكُم بَيْنَ يَدَىْ عَذَابٍ شَدِيدٍ ﴿٤٦﴾

47. Yithi: "Anginicelanga mvuzo ongowenu; umvuzo wami uku Allah futhi nguYena oqhaphe yonke into".

قُلْ مَا سَأَلْتُكُم مِّنْ أَجْرٍ فَهُوَ لَكُمْۖ إِنْ أَجْرِىَ إِلَّا عَلَى ٱللَّهِۖ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ شَهِيدٌ ﴿٤٧﴾

48. Yithi: "iNkosi yami engeYazi okungabonwayo, igadla ngeqiniso".

قُلْ إِنَّ رَبِّى يَقْذِفُ بِٱلْحَقِّ عَلَّٰمُ ٱلْغُيُوبِ ﴿٤٨﴾

1 abasalandela izimfundiso zakhe noma incwadi afika nayo.

49. Yithi: "Iqiniso selifikile, kepha amanga awakwazi kuletha lutho noma aphinde lutho".

قُلْ جَآءَ ٱلْحَقُّ وَمَا يُبْدِئُ ٱلْبَٰطِلُ وَمَا يُعِيدُ ﴿٤٩﴾

50. Yithi: "Uma ngiphambuka, ngiziphambukela mina uqobo futhi uma ngisendleleni eqondile, kungenxa kwalokho iNkosi yami ekwembulela kimi; impela Yona ingoZwayo Oseduze".

قُلْ إِن ضَلَلْتُ فَإِنَّمَآ أَضِلُّ عَلَىٰ نَفْسِى ۖ وَإِنِ ٱهْتَدَيْتُ فَبِمَا يُوحِىٓ إِلَىَّ رَبِّىٓ ۚ إِنَّهُۥ سَمِيعٌ قَرِيبٌ ﴿٥٠﴾

51. Uma ubungababona sebethukile lapho bengeke besaphunyuka futhi bayothathwa endaweni eseduze.

وَلَوْ تَرَىٰٓ إِذْ فَزِعُوا۟ فَلَا فَوْتَ وَأُخِذُوا۟ مِن مَّكَانٍ قَرِيبٍ ﴿٥١﴾

52. Futhi bayothi: "Sesiyakholelwa kuYe". Bayokuthola kanjani besendaweni esekudeni na?

وَقَالُوٓا۟ ءَامَنَّا بِهِۦ ۖ وَأَنَّىٰ لَهُمُ ٱلتَّنَاوُشُ مِن مَّكَانٍۭ بَعِيدٍ ﴿٥٢﴾

53. Bakuphika ngaphambilini futhi bebeqagula ngemidlinzo ekude le.

وَقَدْ كَفَرُوا۟ بِهِۦ مِن قَبْلُ ۖ وَيَقْذِفُونَ بِٱلْغَيْبِ مِن مَّكَانٍۭ بَعِيدٍ ﴿٥٣﴾

54. Kuyoba nesithiyo phakathi kwabo nalokho abalangazelelayo njengoba kwenziwa kulabo abafana nabo phambilini; impela babenokungabaza bengenasiqiniseko.

وَحِيلَ بَيْنَهُمْ وَبَيْنَ مَا يَشْتَهُونَ كَمَا فُعِلَ بِأَشْيَاعِهِم مِّن قَبْلُ ۚ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ فِى شَكٍّ مُّرِيبٍ ﴿٥٤﴾

(35) SURA FATIRI
UMDALI

سُورَةُ فَاطِرٍ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ فَاطِرِ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ
جَاعِلِ ٱلْمَلَٰٓئِكَةِ رُسُلًا أُو۟لِىٓ أَجْنِحَةٍ
مَّثْنَىٰ وَثُلَٰثَ وَرُبَٰعَ ۚ يَزِيدُ فِى ٱلْخَلْقِ مَا
يَشَآءُ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١﴾

1. Udumo ngoluka Allah uMdali wamazulu nomhlaba owenza izingelosi zaba izithunywa ezinezimpiko ezimbili nezintathu nezine; wengeza akuthandayo endalweni. Impela u Allah akahlulwa lutho.

مَّا يَفْتَحِ ٱللَّهُ لِلنَّاسِ مِن رَّحْمَةٍ فَلَا
مُمْسِكَ لَهَا ۖ وَمَا يُمْسِكْ فَلَا مُرْسِلَ لَهُۥ
مِنۢ بَعْدِهِۦ ۚ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٢﴾

2. Lowo musa u Allah awuvulela abantu akekho ongawuvimba. Futhi lokho akuvimbile akekho ongakukhulula emuva kwaKhe. Futhi nguYena uSomandla Okhaliphile.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ ٱذْكُرُوا۟ نِعْمَتَ ٱللَّهِ
عَلَيْكُمْ ۚ هَلْ مِنْ خَٰلِقٍ غَيْرُ ٱللَّهِ
يَرْزُقُكُم مِّنَ ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ ۚ لَآ إِلَٰهَ
إِلَّا هُوَ ۖ فَأَنَّىٰ تُؤْفَكُونَ ﴿٣﴾

3. Nina bantu, khumbulani umusa ka Allah; ingabe ukhona omunye umdali onondlayo ngokuphezulu nokusemhlabeni na? Akekho omunye ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwaKhe; pho nidukiswa yini na?

وَإِن يُكَذِّبُوكَ فَقَدْ كُذِّبَتْ رُسُلٌ مِّن
قَبْلِكَ ۚ وَإِلَى ٱللَّهِ تُرْجَعُ ٱلْأُمُورُ ﴿٤﴾

4. Uma bekuphika; iZithunywa ezikwandulelayo nazo zaphikwa. Futhi zonke izinto ziyobuyela ku Allah.

5. Nina bantu, impela isethembiso sika Allah siyiqiniso; ngakhoke, maningadukiswa impilo yasemhlabeni futhi ningadukiswa umdukisi ngo Allah.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ إِنَّ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقٌّ ۖ فَلَا تَغُرَّنَّكُمُ ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَا وَلَا يَغُرَّنَّكُم بِٱللَّهِ ٱلْغَرُورُ ﴿٥﴾

6. Impela uShayitani uyisitha senu ngakhoke mthatheni njengesitha; umemela abalandeli bakhe ukuze babe ngabayongena emlilweni.

إِنَّ ٱلشَّيْطَـٰنَ لَكُمْ عَدُوٌّ فَٱتَّخِذُوهُ عَدُوًّا ۚ إِنَّمَا يَدْعُوا۟ حِزْبَهُۥ لِيَكُونُوا۟ مِنْ أَصْحَـٰبِ ٱلسَّعِيرِ ﴿٦﴾

7. Labo abangakholwa bayothola isijeziso esinzima. Futhi labo abakholwayo abenza okulungileyo bayothola intethelelo nomvuzo omkhulu.

ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لَهُمْ عَذَابٌ شَدِيدٌ ۖ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّـٰلِحَـٰتِ لَهُم مَّغْفِرَةٌ وَأَجْرٌ كَبِيرٌ ﴿٧﴾

8. Ingabe lowo owenzelwe kuhle ububi bezenzo zakhe wazibona zizinhle [ingabe uyefana yini nalowo obona okuhle kukuhle nokubi kukubi] na? Impela uAllah udukisa amthandayo ahole amthandayo. Ngakhoke ungalokhu uba lusizi ngabo. Impela uAllah ukwazi kahle abakwenzayo.

أَفَمَن زُيِّنَ لَهُۥ سُوٓءُ عَمَلِهِۦ فَرَءَاهُ حَسَنًا ۖ فَإِنَّ ٱللَّهَ يُضِلُّ مَن يَشَآءُ وَيَهْدِى مَن يَشَآءُ ۖ فَلَا تَذْهَبْ نَفْسُكَ عَلَيْهِمْ حَسَرَٰتٍ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٌۢ بِمَا يَصْنَعُونَ ﴿٨﴾

9. Futhi u Allah nguYena lona othumela imimoya esabalalisa amafu, bese siletha ngawo amanzi endaweni ebesifile; bese siyayivuselela ngawo umhlaba emuva kokufa kwawo. Nokuvuswa kuyobanjalo.

وَٱللَّهُ ٱلَّذِىٓ أَرْسَلَ ٱلرِّيَـٰحَ فَتُثِيرُ سَحَابًا فَسُقْنَـٰهُ إِلَىٰ بَلَدٍ مَّيِّتٍ فَأَحْيَيْنَا بِهِ ٱلْأَرْضَ بَعْدَ مَوْتِهَا ۚ كَذَٰلِكَ ٱلنُّشُورُ ﴿٩﴾

مَن كَانَ يُرِيدُ ٱلۡعِزَّةَ فَلِلَّهِ ٱلۡعِزَّةُ جَمِيعًاۚ إِلَيۡهِ يَصۡعَدُ ٱلۡكَلِمُ ٱلطَّيِّبُ وَٱلۡعَمَلُ ٱلصَّٰلِحُ يَرۡفَعُهُۥۚ وَٱلَّذِينَ يَمۡكُرُونَ ٱلسَّيِّـَٔاتِ لَهُمۡ عَذَابٞ شَدِيدٞۖ وَمَكۡرُ أُوْلَٰٓئِكَ هُوَ يَبُورُ ١٠

10. Lowo ofuna ukuhlonishwa; ukuhlonishwa konke ngokuka Allah kuphela. Amazwi amahle anyukela kuYe futhi nesenzo esilungileyo siyawaphakamisa. Futhi laba abahlela okuphambukile bayothola isijeziso esinzima; nezinhlelo zalabo ziyobhubha.

وَٱللَّهُ خَلَقَكُم مِّن تُرَابٖ ثُمَّ مِن نُّطۡفَةٖ ثُمَّ جَعَلَكُمۡ أَزۡوَٰجٗاۚ وَمَا تَحۡمِلُ مِنۡ أُنثَىٰ وَلَا تَضَعُ إِلَّا بِعِلۡمِهِۦۚ وَمَا يُعَمَّرُ مِن مُّعَمَّرٖ وَلَا يُنقَصُ مِنۡ عُمُرِهِۦٓ إِلَّا فِي كِتَٰبٍۚ إِنَّ ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ يَسِيرٞ ١١

11. Futhi u Allah unidale ngobumba nangesidoda wabe esenenza ukuba niganane. Futhi owesimame akakhulelwa noma abelethe ngaphandle kolwazi lwaKhe. Futhi akekho ophila isikhathi eside noma oncishiselwayo kungalotshiwe eNcwadini. Impela lokho kulula kuAllah.

وَمَا يَسۡتَوِي ٱلۡبَحۡرَانِ هَٰذَا عَذۡبٞ فُرَاتٞ سَآئِغٞ شَرَابُهُۥ وَهَٰذَا مِلۡحٌ أُجَاجٞۖ وَمِن كُلّٖ تَأۡكُلُونَ لَحۡمٗا طَرِيّٗا وَتَسۡتَخۡرِجُونَ حِلۡيَةٗ تَلۡبَسُونَهَاۖ وَتَرَى ٱلۡفُلۡكَ فِيهِ مَوَاخِرَ لِتَبۡتَغُواْ مِن فَضۡلِهِۦ وَلَعَلَّكُمۡ تَشۡكُرُونَ ١٢

12. Futhi izilwandle ezimbili azifani; lolu lumanzi amnandi amtoti ehla esiphundu uma uwaphuza; kuthi lolu lunosawoti luyababa. Kepha kuwo wonke nidla inyama enhle niphinde nikhiphe ubucwebe enibugqokayo, futhi ubona imikhumbi yehla yenyuka kulo nithungatha umusa waKhe futhi ukuze nibonge.

يُولِجُ ٱلَّيۡلَ فِي ٱلنَّهَارِ وَيُولِجُ ٱلنَّهَارَ فِي ٱلَّيۡلِ وَسَخَّرَ ٱلشَّمۡسَ وَٱلۡقَمَرَۖ كُلّٞ يَجۡرِي لِأَجَلٖ مُّسَمّٗىۚ ذَٰلِكُمُ ٱللَّهُ رَبُّكُمۡ لَهُ ٱلۡمُلۡكُۚ وَٱلَّذِينَ تَدۡعُونَ مِن دُونِهِۦ مَا يَمۡلِكُونَ مِن قِطۡمِيرٍ ١٣

13. Ufaka ubusuku emini, afake imini ebusuku futhi ujube ilanga nenyanga, konke kuyohamba kuze kufike isikhathi enibekiwe. Loyo [owenza konke lokhu] ngu Allah iNkosi yenu, bonke ubukhosi bungobakhe.

Futhi labo enibakhonzayo ngaphandle kwaKhe abanaso ngisho uqweqwe lwendumba [yamasundu].

14. Uma nikhuleka kubo, abayizwa imikhuleko yenu; futhi ukube bebeyizwa, bebengeke bakwazi ukuyiphendula. Futhi ngoSuku lokwahlulela bayokuphika ukubabhangqa kwenu. Futhi akekho ongakwazisa njengalowo Onolwazi.

إِن تَدْعُوهُمْ لَا يَسْمَعُوا۟ دُعَآءَكُمْ وَلَوْ سَمِعُوا۟ مَا ٱسْتَجَابُوا۟ لَكُمْ ۖ وَيَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ يَكْفُرُونَ بِشِرْكِكُمْ ۚ وَلَا يُنَبِّئُكَ مِثْلُ خَبِيرٍ ﴿١٤﴾

15. Nina bantu, niyizichaka ku Allah. Kepha u Allah ungoZimele Odunyiswayo.

* يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ أَنتُمُ ٱلْفُقَرَآءُ إِلَى ٱللَّهِ ۖ وَٱللَّهُ هُوَ ٱلْغَنِىُّ ٱلْحَمِيدُ ﴿١٥﴾

16. Uma ethanda enganishabalalisa nonke aphinde alethe indalo entsha.

إِن يَشَأْ يُذْهِبْكُمْ وَيَأْتِ بِخَلْقٍ جَدِيدٍ ﴿١٦﴾

17. Futhi lokho akukho nzima ku Allah.

وَمَا ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ بِعَزِيزٍ ﴿١٧﴾

18. Futhi akekho oyothwala umthwalo womunye; noma lona osindelwayo engacela ukuba bamthwalise, akekho oyowuthwala ngisho nabozalo uqobo. Impela wena uxwayisa labo abasaba iNkosi yabo bengayiboni baphinde baqikelele ukwenza iswala. Futhi lowo oziphatha kahle uzenzela yena uqobo. Futhi isiphetho siyoba ku Allah.

وَلَا تَزِرُ وَازِرَةٌ وِزْرَ أُخْرَىٰ ۚ وَإِن تَدْعُ مُثْقَلَةٌ إِلَىٰ حِمْلِهَا لَا يُحْمَلْ مِنْهُ شَىْءٌ وَلَوْ كَانَ ذَا قُرْبَىٰ ۗ إِنَّمَا تُنذِرُ ٱلَّذِينَ يَخْشَوْنَ رَبَّهُم بِٱلْغَيْبِ وَأَقَامُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ ۚ وَمَن تَزَكَّىٰ فَإِنَّمَا يَتَزَكَّىٰ لِنَفْسِهِۦ ۚ وَإِلَى ٱللَّهِ ٱلْمَصِيرُ ﴿١٨﴾

19. Futhi impumputhe nobonayo abafani.

وَمَا يَسْتَوِى ٱلْأَعْمَىٰ وَٱلْبَصِيرُ ﴿١٩﴾

20. Nobumnyama nokukhanya.

وَلَا ٱلظُّلُمَٰتُ وَلَا ٱلنُّورُ ﴿٢٠﴾

وَلَا ٱلظِّلُّ وَلَا ٱلْحَرُورُ ﴿٢١﴾

21. Nethunzi nokushisa.

وَمَا يَسْتَوِى ٱلْأَحْيَآءُ وَلَا ٱلْأَمْوَٰتُ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ يُسْمِعُ مَن يَشَآءُ ۖ وَمَآ أَنتَ بِمُسْمِعٍ مَّن فِى ٱلْقُبُورِ ﴿٢٢﴾

22. Futhi abaphilayo nabafiley abafani nhlobo. Impela u Allah wenza amthandayo ezwe, futhi wena awusoze wakwazi ukwenza abasebathuneni bakwazi ukuzwa.

إِنْ أَنتَ إِلَّا نَذِيرٌ ﴿٢٣﴾

23. Wena ungumexwayisi nje kwaphela.

إِنَّآ أَرْسَلْنَٰكَ بِٱلْحَقِّ بَشِيرًا وَنَذِيرًا ۚ وَإِن مِّنْ أُمَّةٍ إِلَّا خَلَا فِيهَا نَذِيرٌ ﴿٢٤﴾

24. Impela sikuthumele ngeqiniso ukuze ube umethuli wezindaba ezinhle nomxwayisi. Futhi akukho sizwe okungafikanga kuso umxwayisi.

وَإِن يُكَذِّبُوكَ فَقَدْ كَذَّبَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ جَآءَتْهُمْ رُسُلُهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ وَبِٱلزُّبُرِ وَبِٱلْكِتَٰبِ ٱلْمُنِيرِ ﴿٢٥﴾

25. Uma bekuphika; labo abangaphambi kwabo nabo baphika mhla iZithunywa zabo zifika kubo nezibonakaliso neziNcwadi, iziNcwadi ezicacisayo.

ثُمَّ أَخَذْتُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ۖ فَكَيْفَ كَانَ نَكِيرِ ﴿٢٦﴾

26. Emuva kwalokho ngabajezisa labo ababengakholwa; bheka nje ukuthi sabanjani isijeziso saMi na?

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ أَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَأَخْرَجْنَا بِهِۦ ثَمَرَٰتٍ مُّخْتَلِفًا أَلْوَٰنُهَا ۚ وَمِنَ ٱلْجِبَالِ جُدَدٌۢ بِيضٌ وَحُمْرٌ مُّخْتَلِفٌ أَلْوَٰنُهَا وَغَرَابِيبُ سُودٌ ﴿٢٧﴾

27. Awuboni ukuthi u Allah wehlise amanzi emvula phezulu, sakhiqiza ngawo izithelo ezinemibala ehlukahlukene. Nasezintabeni kunezindlela ezimhlophe nezibomvu – imibala ehlukahlukene – nezimnyama bhuqe okwamagwababa].

وَمِنَ ٱلنَّاسِ وَٱلدَّوَآبِّ وَٱلْأَنْعَٰمِ مُخْتَلِفٌ أَلْوَٰنُهُۥ كَذَٰلِكَ ۗ إِنَّمَا يَخْشَى ٱللَّهَ مِنْ عِبَادِهِ ٱلْعُلَمَٰٓؤُا۟ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ عَزِيزٌ غَفُورٌ ﴿٢٨﴾

28. Kanjalo nakubantu nasezilwaneni nakwimfuyo, imibala ihlukahlukene. Impela labo abesaba uAllah kuzigqila zaKhe osolwazi. Impela u Allah unguSomandla Othethelelayo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَتْلُونَ كِتَٰبَ ٱللَّهِ وَأَقَامُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَأَنفَقُوا۟ مِمَّا رَزَقْنَٰهُمْ سِرًّا وَعَلَانِيَةً يَرْجُونَ تِجَٰرَةً لَّن تَبُورَ ﴿٢٩﴾

29. Impela labo abafunda iNcwadi ka Allah benze neswala ngokuqikelela futhi benikela kulokho esibabele kona ngasese nasesidlangalaleni, balangazelele uhwebo olungasoze lwabhubha.

لِيُوَفِّيَهُمْ أُجُورَهُمْ وَيَزِيدَهُم مِّن فَضْلِهِۦٓ ۚ إِنَّهُۥ غَفُورٌ شَكُورٌ ﴿٣٠﴾

30. Ukuze abanike umvuzo wabo ngokugcwele aphinde abengezele ngomusa waKhe. Impela Yena unguMthetheleli Onokubonga.

وَٱلَّذِىٓ أَوْحَيْنَآ إِلَيْكَ مِنَ ٱلْكِتَٰبِ هُوَ ٱلْحَقُّ مُصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهِ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ بِعِبَادِهِۦ لَخَبِيرٌۢ بَصِيرٌ ﴿٣١﴾

31. Futhi leNcwadi esiyembulele kuwe iyiqiniso ifakazela lokhu okuyandulelayo. Impela u Allah ngezigqila zaKhe Unolwazi Uyabona.

ثُمَّ أَوْرَثْنَا ٱلْكِتَٰبَ ٱلَّذِينَ ٱصْطَفَيْنَا مِنْ عِبَادِنَا ۖ فَمِنْهُمْ ظَالِمٌ لِّنَفْسِهِۦ وَمِنْهُم مُّقْتَصِدٌ وَمِنْهُمْ سَابِقٌۢ بِٱلْخَيْرَٰتِ بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۚ ذَٰلِكَ هُوَ ٱلْفَضْلُ ٱلْكَبِيرُ ﴿٣٢﴾

32. Emuva kwalokho sanika iNcwadi labo esibaqokile kuzigqila zeThu. Phakathi kwabo kunalowo oyisephula mthetho nalowo oqotho nalowo ophuthuma okuhle ngemvumo ka Allah. Lokho kuwumusa omkhulu.

جَنَّٰتُ عَدْنٍ يَدْخُلُونَهَا يُحَلَّوْنَ فِيهَا مِنْ أَسَاوِرَ مِن ذَهَبٍ وَلُؤْلُؤًا ۖ وَلِبَاسُهُمْ فِيهَا حَرِيرٌ ﴿٣٣﴾

33. Izivande zaphakade abazongena kuzo, abayohlotshiswa kuzo ngamabhengele egolide nobuhlalu obumhlophe. Izembatho zabo kuzo ziyobe ziwusilika.

34. Bayothi: "Udumo ngoluka Allah lona osuse ubinzima kithi; impela iNkosi yethu inguMthetheleli Onokubonga".

وَقَالُواْ ٱلۡحَمۡدُ لِلَّهِ ٱلَّذِيٓ أَذۡهَبَ عَنَّا ٱلۡحَزَنَۖ إِنَّ رَبَّنَا لَغَفُورٞ شَكُورٌ ٣٤

35. Lona osihlalise endaweni yokuhlala ngomusa waKhe, asihlangabezani nobunzima kuyo futhi asifikelwa wukukhathala.

ٱلَّذِيٓ أَحَلَّنَا دَارَ ٱلۡمُقَامَةِ مِن فَضۡلِهِۦ لَا يَمَسُّنَا فِيهَا نَصَبٞ وَلَا يَمَسُّنَا فِيهَا لُغُوبٞ ٣٥

36. Labo abangakholwa bayothola umlilo waseJahanamu, angeke bashabalaliswe nokuthi bafe futhi angeke baxegiselwe isijeziso sawo [umlilo]. Siyobahlomulisa kanjalo bonke abangakholwa.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَهُمۡ نَارُ جَهَنَّمَ لَا يُقۡضَىٰ عَلَيۡهِمۡ فَيَمُوتُواْ وَلَا يُخَفَّفُ عَنۡهُم مِّنۡ عَذَابِهَاۚ كَذَٰلِكَ نَجۡزِي كُلَّ كَفُورٖ ٣٦

37. Futhi bayomemeza kuwo bathi: "Nkosi yethu, sikhiphe siyokwenza okulungileyo hhayi lokhu ebesikwenza". Ingabe asizange yini siniphe isikhathi sempilo esanele ukuthi othatha isifundo athathe isifuno futhi kwafika kini umxwayisi. Ngakhoke zwanini isijeziso ngokuba akekho oyosiza abaphambukile.

وَهُمۡ يَصۡطَرِخُونَ فِيهَا رَبَّنَآ أَخۡرِجۡنَا نَعۡمَلۡ صَٰلِحًا غَيۡرَ ٱلَّذِي كُنَّا نَعۡمَلُۚ أَوَلَمۡ نُعَمِّرۡكُم مَّا يَتَذَكَّرُ فِيهِ مَن تَذَكَّرَ وَجَآءَكُمُ ٱلنَّذِيرُۖ فَذُوقُواْ فَمَا لِلظَّٰلِمِينَ مِن نَّصِيرٍ ٣٧

38. Impela u Allah wazi okungabonwayo emazulwini nasemhlabeni; impela Yena ukwazi kahle okuqukethwe izifuba.

إِنَّ ٱللَّهَ عَٰلِمُ غَيۡبِ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۚ إِنَّهُۥ عَلِيمُۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ٣٨

هُوَ ٱلَّذِى جَعَلَكُمْ خَلَٰٓئِفَ فِى ٱلْأَرْضِ ۚ فَمَن كَفَرَ فَعَلَيْهِ كُفْرُهُۥ ۖ وَلَا يَزِيدُ ٱلْكَٰفِرِينَ كُفْرُهُمْ عِندَ رَبِّهِمْ إِلَّا مَقْتًا ۖ وَلَا يَزِيدُ ٱلْكَٰفِرِينَ كُفْرُهُمْ إِلَّا خَسَارًا ﴿٣٩﴾

39. NguYena lona onenze naba izizukulwane ezilandelanayo emhlabeni. Ngakhoke lowo ongakholwa, ukungakholwa kwakhe kusala naye. Futhi abangakholwa, ukungakholwa kwabo kubandisela ulaka eNkosini yabo; futhi abangakholwa ukungakholwa kwabo kubandisela ukulahlekelwa.

قُلْ أَرَءَيْتُمْ شُرَكَآءَكُمُ ٱلَّذِينَ تَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ ۖ أَرُونِى مَاذَا خَلَقُوا۟ مِنَ ٱلْأَرْضِ أَمْ لَهُمْ شِرْكٌ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ ۚ أَمْ ءَاتَيْنَٰهُمْ كِتَٰبًا فَهُمْ عَلَىٰ بَيِّنَتٍ مِّنْهُ ۚ بَلْ إِن يَعِدُ ٱلظَّٰلِمُونَ بَعْضُهُم بَعْضًا إِلَّا غُرُورًا ﴿٤٠﴾

40. Yithi: "Ake nibheke lezikhonzwa zenu enizikhonzayo ngaphandle kuka Allah; ngiboniseni ukuthi zidaleni kumbe zinesabelo emazulwini". Kumbe sabanika incwadi okuyiyona ebahlaluselayo. Empeleni abaphambukile bathembisana ukuduka.

* إِنَّ ٱللَّهَ يُمْسِكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ أَن تَزُولَا ۚ وَلَئِن زَالَتَآ إِنْ أَمْسَكَهُمَا مِنْ أَحَدٍ مِّنۢ بَعْدِهِۦٓ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ حَلِيمًا غَفُورًا ﴿٤١﴾

41. Impela u Allah ubambe amazulu nomhlaba ukuba kunganyakazi; uma kunganyakaza akekho ongakubamba ngaphandle kwaKhe. Impela Yena Unobubele Uyathethelela.

وَأَقْسَمُوا۟ بِٱللَّهِ جَهْدَ أَيْمَٰنِهِمْ لَئِن جَآءَهُمْ نَذِيرٌ لَّيَكُونُنَّ أَهْدَىٰ مِنْ إِحْدَى ٱلْأُمَمِ ۖ فَلَمَّا جَآءَهُمْ نَذِيرٌ مَّا زَادَهُمْ إِلَّا نُفُورًا ﴿٤٢﴾

42. Futhi bafunga bagomela ngo Allah ukuthi kungafika kubo umxwayisi bayoholeleka ukudlula ezinye zizwe. Kepha kuthe uma esefika umxwayisi babaleka kakhulu.

43. Beziqhayisa emhlabeni futhi behlela okubi. Futhi itulu elibi lihaqa umnikazi walo [isikhuni sibuya nomkwezeli]. Ingabe balinde okwehlela abasendulo na? Awusoze wathola ilalela lenkambiso ka Allah futhi wathola indlela yokugwema inkambiso ka Allah.

44. Abakaze bahambe ezweni ukuze babone isiphetho salabo ababengaphambi kwabo ababenamandla ukudlula bona. Futhi akukho okungahlula u Allah emazulwini nasemhlabeni; impela Yena Uyazi Unamandla.

45. Uma u Allah engajezisa abantu ngemisebenzi yabo; akayikushiya sidalwa phezu kwawo [umhlaba]; kepha ubadondisela isikhathi esibekiwe. Uma sesifika isikhathi sabo; impela u Allah mayelana nezigqila zaKhe Uyabona.

ٱسْتِكْبَارًا فِى ٱلْأَرْضِ وَمَكْرَ ٱلسَّيِّئِ ۚ وَلَا
يَحِيقُ ٱلْمَكْرُ ٱلسَّيِّئُ إِلَّا بِأَهْلِهِۦ ۚ فَهَلْ
يَنظُرُونَ إِلَّا سُنَّتَ ٱلْأَوَّلِينَ ۚ فَلَن تَجِدَ
لِسُنَّتِ ٱللَّهِ تَبْدِيلًا ۖ وَلَن تَجِدَ لِسُنَّتِ
ٱللَّهِ تَحْوِيلًا ﴿٤٣﴾

أَوَلَمْ يَسِيرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ فَيَنظُرُوا۟ كَيْفَ
كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ وَكَانُوٓا۟
أَشَدَّ مِنْهُمْ قُوَّةً ۚ وَمَا كَانَ ٱللَّهُ لِيُعْجِزَهُۥ
مِن شَىْءٍ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَلَا فِى ٱلْأَرْضِ ۚ
إِنَّهُۥ كَانَ عَلِيمًا قَدِيرًا ﴿٤٤﴾

وَلَوْ يُؤَاخِذُ ٱللَّهُ ٱلنَّاسَ بِمَا كَسَبُوا۟
مَا تَرَكَ عَلَىٰ ظَهْرِهَا مِن دَآبَّةٍ وَلَٰكِن
يُؤَخِّرُهُمْ إِلَىٰٓ أَجَلٍ مُّسَمًّى ۖ فَإِذَا
جَآءَ أَجَلُهُمْ فَإِنَّ ٱللَّهَ كَانَ بِعِبَادِهِۦ
بَصِيرًۢا ﴿٤٥﴾

(36) SURA YASINI
YASINI

سُورَةُ يٰسٓ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ya-Sin.

يٰسٓ ﴿١﴾

2. Ngifunga ngeKurani ekhaliphile.

وَٱلْقُرْءَانِ ٱلْحَكِيمِ ﴿٢﴾

3. Impela wena ungomunye weZithunywe.

إِنَّكَ لَمِنَ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿٣﴾

4. Usendleleni eqondile.

عَلَىٰ صِرَٰطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿٤﴾

5. Yembulelwe [iKurani] nguSomandla Onesihawu

تَنزِيلَ ٱلْعَزِيزِ ٱلرَّحِيمِ ﴿٥﴾

6. Ukuze uxwayise abantu okhokho babo abangaxwayiswanga kangoba abanendaba.

لِتُنذِرَ قَوْمًا مَّآ أُنذِرَ ءَابَآؤُهُمْ فَهُمْ غَٰفِلُونَ ﴿٦﴾

7. Impela isijeziso siqinisekiwe kubaningi kubo, kungakho bengakholwa.

لَقَدْ حَقَّ ٱلْقَوْلُ عَلَىٰٓ أَكْثَرِهِمْ فَهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿٧﴾

8. Impela Thina sibophe izintamo zabo ngamasongo afika ezilevini bavele babheka phezulu.

إِنَّا جَعَلْنَا فِىٓ أَعْنَٰقِهِمْ أَغْلَٰلًا فَهِىَ إِلَى ٱلْأَذْقَانِ فَهُم مُّقْمَحُونَ ﴿٨﴾

9. Futhi sifake isithiyo ngaphambi kwabo nangasemuva kwabo, sabamboza kangoba abasaboni.

وَجَعَلْنَا مِنۢ بَيْنِ أَيْدِيهِمْ سَدًّا وَمِنْ خَلْفِهِمْ سَدًّا فَأَغْشَيْنَٰهُمْ فَهُمْ لَا يُبْصِرُونَ ﴿٩﴾

10. Futhi kuyefana nje kubo, uyabaxwayisa noma awubaxwayisi angeke bakholwe.

وَسَوَآءٌ عَلَيْهِمْ ءَأَنذَرْتَهُمْ أَمْ لَمْ تُنذِرْهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿١٠﴾

11. Wena uxwayisa nje kuphela lowo olandela iSikhumbuzo [iKurani] futhi osaba Onomusa engamboni; ngakho-ke mhalalisele ngentethelelo nomvuzo omuhle.

إِنَّمَا تُنذِرُ مَنِ ٱتَّبَعَ ٱلذِّكْرَ وَخَشِيَ ٱلرَّحْمَٰنَ بِٱلْغَيْبِ ۖ فَبَشِّرْهُ بِمَغْفِرَةٍ وَأَجْرٍ كَرِيمٍ ﴿١١﴾

12. Impela Thina sivusa abafileyo siphinde silobe lokho abakwenza nabakushiya emuva.

إِنَّا نَحْنُ نُحْىِ ٱلْمَوْتَىٰ وَنَكْتُبُ مَا قَدَّمُوا۟ وَءَاثَٰرَهُمْ ۚ وَكُلَّ شَىْءٍ أَحْصَيْنَٰهُ فِىٓ إِمَامٍ مُّبِينٍ ﴿١٢﴾

13. Benzele umzekelo wabantu bomuzi mhla kufika kuwo iZithunywa.

وَٱضْرِبْ لَهُم مَّثَلًا أَصْحَٰبَ ٱلْقَرْيَةِ إِذْ جَآءَهَا ٱلْمُرْسَلُونَ ﴿١٣﴾

14. Mhla sithumela kubo ezimbili, baziphika. Saphinde sathumela esesithathu zathi: Impela thina sithunywe kini".

إِذْ أَرْسَلْنَآ إِلَيْهِمُ ٱثْنَيْنِ فَكَذَّبُوهُمَا فَعَزَّزْنَا بِثَالِثٍ فَقَالُوٓا۟ إِنَّآ إِلَيْكُم مُّرْسَلُونَ ﴿١٤﴾

15. Bathi: "Nina ningabantu nje abafana nathi futhi ayikho into eyembulelwe ngoNomusa, nina ninamanga nje".

قَالُوا۟ مَآ أَنتُمْ إِلَّا بَشَرٌ مِّثْلُنَا وَمَآ أَنزَلَ ٱلرَّحْمَٰنُ مِن شَىْءٍ إِنْ أَنتُمْ إِلَّا تَكْذِبُونَ ﴿١٥﴾

16. Zathi: "iNkosi yethu yazi kahle ukuthi impela thina sithunyelwe kini".

قَالُوا۟ رَبُّنَا يَعْلَمُ إِنَّآ إِلَيْكُمْ لَمُرْسَلُونَ ﴿١٦﴾

17. Futhi umsebenzi wethu ukudlulisa umlayezo ocacile.

وَمَا عَلَيْنَآ إِلَّا ٱلْبَلَٰغُ ٱلْمُبِينُ ﴿١٧﴾

18. Bathi: "Impela thina sinibona nizosilethela amashwa; uma ningaphezi, sizonikhanda ngamatshe niphinde nithole kithi isijeziso esibuhlungu".

قَالُوٓا۟ إِنَّا تَطَيَّرْنَا بِكُمْ ۖ لَئِن لَّمْ تَنتَهُوا۟ لَنَرْجُمَنَّكُمْ وَلَيَمَسَّنَّكُم مِّنَّا عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١٨﴾

19. Zathi: "Ukubikelwa kwenu kuyosala nani; ingabe kungenxa yokuthi niyelulekwa na? Impela ningabantu abangenamkhawulo.

قَالُواْ طَـٰٓئِرُكُم مَّعَكُمْ أَئِن ذُكِّرْتُم ۚ بَلْ أَنتُمْ قَوْمٌ مُّسْرِفُونَ ﴿١٩﴾

20. Kwaqhamula indoda mphini le kude nomuzi igijima yathi: "Bantu bakithi, landelani iZithunywa".

وَجَآءَ مِنْ أَقْصَا ٱلْمَدِينَةِ رَجُلٌ يَسْعَىٰ قَالَ يَـٰقَوْمِ ٱتَّبِعُواْ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿٢٠﴾

21. Landelani labo abanganiceli mvuzo futhi abasendleleni eqondile.

ٱتَّبِعُواْ مَن لَّا يَسْـَٔلُكُمْ أَجْرًا وَهُم مُّهْتَدُونَ ﴿٢١﴾

22. Ngingavinjwa yini ukuba ngikhonze lowo ongidalile futhi eniyobuyela kuYe na?

وَمَا لِىَ لَآ أَعْبُدُ ٱلَّذِى فَطَرَنِى وَإِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٢٢﴾

23. Ngingaziqokela kanjani ezinye izikhonzwa ngaphandle kwaKhe, kulapho uma Onomusa efuna ngehlelwe okubi, ushwele wazo awusoze wangisiza ngalutho futhi angeke bakhone nokungitakula.

ءَأَتَّخِذُ مِن دُونِهِۦٓ ءَالِهَةً إِن يُرِدْنِ ٱلرَّحْمَـٰنُ بِضُرٍّ لَّا تُغْنِ عَنِّى شَفَـٰعَتُهُمْ شَيْـًٔا وَلَا يُنقِذُونِ ﴿٢٣﴾

24. Impela ngiyobe sengidukile ngokusobala.

إِنِّىٓ إِذًا لَّفِى ضَلَـٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٢٤﴾

25. Impela ngiyakholelwa eNkosini yenu; ngakho-ke ngilaleleni.

إِنِّىٓ ءَامَنتُ بِرَبِّكُمْ فَٱسْمَعُونِ ﴿٢٥﴾

26. Kwathiwa [kuye]: "Ngena eJana". Wathi: "Ngifisa engabe abantu bakithi bayazi…"

قِيلَ ٱدْخُلِ ٱلْجَنَّةَ ۖ قَالَ يَـٰلَيْتَ قَوْمِى يَعْلَمُونَ ﴿٢٦﴾

27. Ukuthi iNkosi yami ingethethelele kanjani futhi yangenza ngaba womunye wabahlonishwayo.

بِمَا غَفَرَ لِى رَبِّى وَجَعَلَنِى مِنَ ٱلْمُكْرَمِينَ ﴿٢٧﴾

28. Asizange sithumele butho elivela phezulu emuva kwakhe [esebulelwe] futhi asilithumeli [ukubhubhisa].

29. Kwaba nje umsindo [ohlabayo] owodwa kuphela; bavele badindiliza [sebefile].

30. Yeka ukuzisola kwezigqila [kwelizayo! Njalo nje uma kufika kubo iSithunywa babesenza inhlekisa.

31. Ababoni yini ukuthi ziningi izizwe esizibhubhisile ngaphambilini kwabo nokuthi aziphindanga zabuya kubo.

32. Yileso naleso sizwe zonke ziyolethwa kiMi.

33. Futhi isibonakaliso sabo, umhlaba ofile esiwuvuselele sakhiqiza kuwo izinhlavu abazidlayo[1].

34. Senza kuwo kwaba nezivande zamasundu nemivini saphinde saqhekeza sagelezisa kuwo imithombo.

35. Ukuze badle ezithelweni zawo [amanzi aniselayo] ezingeziwanga izandla zabo; kungani-ke bengabongi na?

36. Ungcwele lona odale zonke izinhlobo ezikhiqizwa umhlaba nezabo uqobo [umfazi nendoda] nezalokho abangakwazi.

* وَمَآ أَنزَلْنَا عَلَىٰ قَوْمِهِۦ مِنۢ بَعْدِهِۦ مِن جُندٍ مِّنَ ٱلسَّمَآءِ وَمَا كُنَّا مُنزِلِينَ ﴿٢٨﴾

إِن كَانَتْ إِلَّا صَيْحَةً وَٰحِدَةً فَإِذَا هُمْ خَٰمِدُونَ ﴿٢٩﴾

يَٰحَسْرَةً عَلَى ٱلْعِبَادِ ۚ مَا يَأْتِيهِم مِّن رَّسُولٍ إِلَّا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٣٠﴾

أَلَمْ يَرَوْا۟ كَمْ أَهْلَكْنَا قَبْلَهُم مِّنَ ٱلْقُرُونِ أَنَّهُمْ إِلَيْهِمْ لَا يَرْجِعُونَ ﴿٣١﴾

وَإِن كُلٌّ لَّمَّا جَمِيعٌ لَّدَيْنَا مُحْضَرُونَ ﴿٣٢﴾

وَءَايَةٌ لَّهُمُ ٱلْأَرْضُ ٱلْمَيْتَةُ أَحْيَيْنَٰهَا وَأَخْرَجْنَا مِنْهَا حَبًّا فَمِنْهُ يَأْكُلُونَ ﴿٣٣﴾

وَجَعَلْنَا فِيهَا جَنَّٰتٍ مِّن نَّخِيلٍ وَأَعْنَٰبٍ وَفَجَّرْنَا فِيهَا مِنَ ٱلْعُيُونِ ﴿٣٤﴾

لِيَأْكُلُوا۟ مِن ثَمَرِهِۦ وَمَا عَمِلَتْهُ أَيْدِيهِمْ ۖ أَفَلَا يَشْكُرُونَ ﴿٣٥﴾

سُبْحَٰنَ ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلْأَزْوَٰجَ كُلَّهَا مِمَّا تُنۢبِتُ ٱلْأَرْضُ وَمِنْ أَنفُسِهِمْ وَمِمَّا لَا يَعْلَمُونَ ﴿٣٦﴾

1 njengombila, ukolo, amabele, njalonjalo.

37. Futhi isibonakaliso sabo ubusuku, sisusa kubo imini ngalokho bazithola sebesebumnyameni.

وَءَايَةٌ لَّهُمُ ٱلَّيۡلُ نَسۡلَخُ مِنۡهُ ٱلنَّهَارَ فَإِذَا هُم مُّظۡلِمُونَ ﴿٣٧﴾

38. Futhi ilanga lihamba [kumzila walo] lize lifike la eliphelela khona; lokho kuhlelwe nguSomandla Owaziyo.

وَٱلشَّمۡسُ تَجۡرِي لِمُسۡتَقَرّٖ لَّهَاۚ ذَٰلِكَ تَقۡدِيرُ ٱلۡعَزِيزِ ٱلۡعَلِيمِ ﴿٣٨﴾

39. Futhi nenyanga sayibekela izimo [ezahlukene] kuze lapho [iyafiphala] njengoswazi [lwesundu] oludala.

وَٱلۡقَمَرَ قَدَّرۡنَٰهُ مَنَازِلَ حَتَّىٰ عَادَ كَٱلۡعُرۡجُونِ ٱلۡقَدِيمِ ﴿٣٩﴾

40. Ilanga ngeke liyifice inyanga futhi nobusuku ngeke bundlule imini; konke kubhukuda [kuhamba] emkhathini[1].

لَا ٱلشَّمۡسُ يَنۢبَغِي لَهَآ أَن تُدۡرِكَ ٱلۡقَمَرَ وَلَا ٱلَّيۡلُ سَابِقُ ٱلنَّهَارِۚ وَكُلّٞ فِي فَلَكٖ يَسۡبَحُونَ ﴿٤٠﴾

41. Futhi isibokaliso sabo ukuthi salayisha izizukulwane zabo emkhunjini ogcwele[2].

وَءَايَةٞ لَّهُمۡ أَنَّا حَمَلۡنَا ذُرِّيَّتَهُمۡ فِي ٱلۡفُلۡكِ ٱلۡمَشۡحُونِ ﴿٤١﴾

42. Saphinde sabadalela okufana nawo [umkhumbi] abakugibelayo.

وَخَلَقۡنَا لَهُم مِّن مِّثۡلِهِۦ مَا يَرۡكَبُونَ ﴿٤٢﴾

43. Uma sithanda besingabacwilisa bengasizwa muntu futhi bengatakulwa.

وَإِن نَّشَأۡ نُغۡرِقۡهُمۡ فَلَا صَرِيخَ لَهُمۡ وَلَا هُمۡ يُنقَذُونَ ﴿٤٣﴾

44. Ngaphandle komusa ovela kithi nokuthi baphile kuze kufike isikhathi [sokufa esibekiwe].

إِلَّا رَحۡمَةٗ مِّنَّا وَمَتَٰعًا إِلَىٰ حِينٖ ﴿٤٤﴾

1 Okusho ukuthi awusoze wabona ilanga libalela ebusuku noma kuhlwe emini.

2 Bonke abantu abakhona njengamanje emhlabeni bayizizukulwane zabantu ababesemkhunjini noNuhu; okuyibona abasinda ezikhukhuleni. Lokhu abantu abakukhonzayo manje ngaphandle kuka Allah kwakungekho emkhunjini, pho bakuthathaphi na?

45. Uma betshelwa ukuthi: "Sabani lokhu okuphambi kwenu [elizayo] nokusemuva kwenu [impilo yasemhlabeni] ukuze nihawukelwe.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمُ ٱتَّقُواْ مَا بَيۡنَ أَيۡدِيكُمۡ وَمَا خَلۡفَكُمۡ لَعَلَّكُمۡ تُرۡحَمُونَ ﴿٤٥﴾

46. Futhi noma yisiphi isibonakaliso kuzibonakaliso zeNkosi yabo esifika kubo, bavele basishaye indiva.

وَمَا تَأۡتِيهِم مِّنۡ ءَايَةٖ مِّنۡ ءَايَٰتِ رَبِّهِمۡ إِلَّا كَانُواْ عَنۡهَا مُعۡرِضِينَ ﴿٤٦﴾

47. Uma betshelwa ukuthi: "Nikelani ngalokho u Allah anabele kona". Laba abangakholwa bathi kulaba abakholwayo: "Singabondla kanjani laba u Allah uma ethanda engabondla Yena ngokwaKhe, impela nina nidukile ngokusobala".

وَإِذَا قِيلَ لَهُمۡ أَنفِقُواْ مِمَّا رَزَقَكُمُ ٱللَّهُ قَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لِلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ أَنُطۡعِمُ مَن لَّوۡ يَشَآءُ ٱللَّهُ أَطۡعَمَهُۥٓ إِنۡ أَنتُمۡ إِلَّا فِي ضَلَٰلٖ مُّبِينٖ ﴿٤٧﴾

48. Futhi bathi: "Kanti siyofika nini lesi sethembiso uma ngempela niqinisile na?"

وَيَقُولُونَ مَتَىٰ هَٰذَا ٱلۡوَعۡدُ إِن كُنتُمۡ صَٰدِقِينَ ﴿٤٨﴾

49. Balindele nje kuphela umsindo owodwa oyobahlasela bengazelele bematasa.

مَا يَنظُرُونَ إِلَّا صَيۡحَةٗ وَٰحِدَةٗ تَأۡخُذُهُمۡ وَهُمۡ يَخِصِّمُونَ ﴿٤٩﴾

50. Angeke bakhone ngisho ukulayezela futhi angeke bakhone nokubuyela emndenini yabo.

فَلَا يَسۡتَطِيعُونَ تَوۡصِيَةٗ وَلَآ إِلَىٰٓ أَهۡلِهِمۡ يَرۡجِعُونَ ﴿٥٠﴾

51. Kuyoshaywa uphondo; bese bephuma emathuneni baye eNkosini yabo.

وَنُفِخَ فِي ٱلصُّورِ فَإِذَا هُم مِّنَ ٱلۡأَجۡدَاثِ إِلَىٰ رَبِّهِمۡ يَنسِلُونَ ﴿٥١﴾

52. Bayothi: "Kwaphela ngathi, ubani kodwa lona osivuse la ebesilele khona na?. Yikona lokhu Onomusa akuthembisile futhi neZithunywa beziqinisile".

قَالُواْ يَٰوَيۡلَنَا مَنۢ بَعَثَنَا مِن مَّرۡقَدِنَاۜ هَٰذَا مَا وَعَدَ ٱلرَّحۡمَٰنُ وَصَدَقَ ٱلۡمُرۡسَلُونَ ﴿٥٢﴾

53. Kwaba nje umsindo owodwa, bonke balethwa phambi kweThu.

إِن كَانَتْ إِلَّا صَيْحَةً وَٰحِدَةً فَإِذَا هُمْ جَمِيعٌ لَّدَيْنَا مُحْضَرُونَ ﴿٥٣﴾

54. Namhlanje akukho muntu oyokwenziwa okungebulungiswa futhi niyothola umvuzo walokho ebenikwenza.

فَٱلْيَوْمَ لَا تُظْلَمُ نَفْسٌ شَيْـًٔا وَلَا تُجْزَوْنَ إِلَّا مَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٥٤﴾

55. Impela namhlanje abaseJana bamatasa bayancebeleka.

إِنَّ أَصْحَٰبَ ٱلْجَنَّةِ ٱلْيَوْمَ فِى شُغُلٍ فَٰكِهُونَ ﴿٥٥﴾

56. Bona nabalingani babo phansi kwemithunzi beqhiyeme emibhedeni.

هُمْ وَأَزْوَٰجُهُمْ فِى ظِلَٰلٍ عَلَى ٱلْأَرَآئِكِ مُتَّكِـُٔونَ ﴿٥٦﴾

57. Bayothola kuyo izithelo nalokho abafunayo.

لَهُمْ فِيهَا فَٰكِهَةٌ وَلَهُم مَّا يَدَّعُونَ ﴿٥٧﴾

58. Ukuthula, izwi eliyovela eNkosini Enesihawu.

سَلَٰمٌ قَوْلًا مِّن رَّبٍّ رَّحِيمٍ ﴿٥٨﴾

59. Futhi [kuyothiwa]: "Nina zephula mthetho phumelani eshashalazini".

وَٱمْتَٰزُوا۟ ٱلْيَوْمَ أَيُّهَا ٱلْمُجْرِمُونَ ﴿٥٩﴾

60. Nina bantwana baka Adamu, asizange yini sense isibopho nani ukuthi ningakhonzi uShayitani ngokuba impela uyisitha senu esisobala.

۞ أَلَمْ أَعْهَدْ إِلَيْكُمْ يَٰبَنِىٓ ءَادَمَ أَن لَّا تَعْبُدُوا۟ ٱلشَّيْطَٰنَ ۖ إِنَّهُۥ لَكُمْ عَدُوٌّ مُّبِينٌ ﴿٦٠﴾

61. Nokuthi nikhonze Mina kuphela; lena iyona ndlela eqondile.

وَأَنِ ٱعْبُدُونِى ۚ هَٰذَا صِرَٰطٌ مُّسْتَقِيمٌ ﴿٦١﴾

62. Impela udukise uquqaba olunigi kini; aninakuqonda na?

وَلَقَدْ أَضَلَّ مِنكُمْ جِبِلًّا كَثِيرًا ۖ أَفَلَمْ تَكُونُوا۟ تَعْقِلُونَ ﴿٦٢﴾

63. Iyona-ke lena iJahanamu ebenithenjiswe yona.

هَٰذِهِۦ جَهَنَّمُ ٱلَّتِى كُنتُمْ تُوعَدُونَ ﴿٦٣﴾

64. Ngenani kuyo namhlanje ngenxa yokungakholwa kwenu.

ٱصْلَوْهَا ٱلْيَوْمَ بِمَا كُنتُمْ تَكْفُرُونَ ﴿٦٤﴾

65. Namhlanje sizovala imilomo yenu, bese sikhulunyiswa izandla zenu futhi nemilenze yenu iyofakaza ngalokho ababekwenza.

ٱلۡيَوۡمَ نَخۡتِمُ عَلَىٰٓ أَفۡوَٰهِهِمۡ وَتُكَلِّمُنَآ أَيۡدِيهِمۡ وَتَشۡهَدُ أَرۡجُلُهُم بِمَا كَانُواْ يَكۡسِبُونَ ٦٥

66. Uma sithanda singavala amehlo abo, bese bephuthuma indlela; kepha bayoyibona kanjani na?

وَلَوۡ نَشَآءُ لَطَمَسۡنَا عَلَىٰٓ أَعۡيُنِهِمۡ فَٱسۡتَبَقُواْ ٱلصِّرَٰطَ فَأَنَّىٰ يُبۡصِرُونَ ٦٦

67. Futhi uma sithanda singabaguqula isimo sabo semvelo[1] khona ezindaweni zabo, bahluleke ukunyakaza noma ukubuyela [esimeni].

وَلَوۡ نَشَآءُ لَمَسَخۡنَٰهُمۡ عَلَىٰ مَكَانَتِهِمۡ فَمَا ٱسۡتَطَٰعُواْ مُضِيّٗا وَلَا يَرۡجِعُونَ ٦٧

68. Futhi lowo eminika impilo ende, simenza abe buthaka emzimbeni; kungani ningaqondi na?

وَمَن نُّعَمِّرۡهُ نُنَكِّسۡهُ فِي ٱلۡخَلۡقِۖ أَفَلَا يَعۡقِلُونَ ٦٨

69. Futhi asimfundisanga ubumbongi futhi akakudingi. Kuyisikhumbuzo nje neKurani ecacisayo.

وَمَا عَلَّمۡنَٰهُ ٱلشِّعۡرَ وَمَا يَنۢبَغِي لَهُۥٓۚ إِنۡ هُوَ إِلَّا ذِكۡرٞ وَقُرۡءَانٞ مُّبِينٞ ٦٩

70. Ukuze axwayise lowo ophilayo nokuthi isinqumo [sesijeziso] sibafanele labo abangakholwa.

لِّيُنذِرَ مَن كَانَ حَيّٗا وَيَحِقَّ ٱلۡقَوۡلُ عَلَى ٱلۡكَٰفِرِينَ ٧٠

71. Ababoni yini ukuthi sibadalele kulokho esikwenze ngeZandla zeThu imfuyo baba ngabanikazi bayo.

أَوَلَمۡ يَرَوۡاْ أَنَّا خَلَقۡنَا لَهُم مِّمَّا عَمِلَتۡ أَيۡدِينَآ أَنۡعَٰمٗا فَهُمۡ لَهَا مَٰلِكُونَ ٧١

72. Sabathambisela yona; kangoba ezinye bayazigibela kuthi ezinye bayazidla.

وَذَلَّلۡنَٰهَا لَهُمۡ فَمِنۡهَا رَكُوبُهُمۡ وَمِنۡهَا يَأۡكُلُونَ ٧٢

73. Futhi kuzo banezinsiza nokuphuzwayo; kungani bengabongi na?

وَلَهُمۡ فِيهَا مَنَٰفِعُ وَمَشَارِبُۖ أَفَلَا يَشۡكُرُونَ ٧٣

1 njengokuthi babe izinkawu noma izingulube noma izimbongolo, ukubalula nje kokunye.

74. Baziqokele izikhonzwa ngaphandle kuka Allah ukuze basizakale.

وَٱتَّخَذُوا۟ مِن دُونِ ٱللَّهِ ءَالِهَةً لَّعَلَّهُمْ يُنصَرُونَ ﴿٧٤﴾

75. Angeke zikwazi ukubasiza kunalokho bona bayibutho elihla liya kuzo [izikhonzwa].

لَا يَسْتَطِيعُونَ نَصْرَهُمْ وَهُمْ لَهُمْ جُندٌ مُّحْضَرُونَ ﴿٧٥﴾

76. Ngakho-ke makungakukhathazi abakushoyo. Impela Thina siyakwazi lokho abakufihlayo nalokho abakuveza obala.

فَلَا يَحْزُنكَ قَوْلُهُمْ ۘ إِنَّا نَعْلَمُ مَا يُسِرُّونَ وَمَا يُعْلِنُونَ ﴿٧٦﴾

77. Akaboni yini umuntu ukuthi simdale ngesidoda; kepha sekawumphikisi oqavile.

أَوَلَمْ يَرَ ٱلْإِنسَٰنُ أَنَّا خَلَقْنَٰهُ مِن نُّطْفَةٍ فَإِذَا هُوَ خَصِيمٌ مُّبِينٌ ﴿٧٧﴾

78. Usenzela thina imizekelo akhohlwe ukuthi udalwe kanjani; wathi: "Ubani ongavusa amathambo lapho esebunile na?".

وَضَرَبَ لَنَا مَثَلًا وَنَسِىَ خَلْقَهُۥ ۖ قَالَ مَن يُحْىِ ٱلْعِظَٰمَ وَهِىَ رَمِيمٌ ﴿٧٨﴾

79. Yithi: "Ayovuswa ngulowo owadala kwasekuqaleni, futhi wazi ngayo yonke indalo".

قُلْ يُحْيِيهَا ٱلَّذِىٓ أَنشَأَهَآ أَوَّلَ مَرَّةٍ ۖ وَهُوَ بِكُلِّ خَلْقٍ عَلِيمٌ ﴿٧٩﴾

80. Lona onidalele umlilo ngesihlahla esiluhlaza [cwe]; nakhu nibasa ngaso.

ٱلَّذِى جَعَلَ لَكُم مِّنَ ٱلشَّجَرِ ٱلْأَخْضَرِ نَارًا فَإِذَآ أَنتُم مِّنْهُ تُوقِدُونَ ﴿٨٠﴾

81. Ingabe lona odale amazulu nomhlaba akakwazi yini ukudala okufana nawo na? Ukwazi impela; phela unguMdali Owaziyo.

أَوَلَيْسَ ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ بِقَٰدِرٍ عَلَىٰٓ أَن يَخْلُقَ مِثْلَهُم ۚ بَلَىٰ وَهُوَ ٱلْخَلَّٰقُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٨١﴾

82. Uma efuna ukwenza into ethile, uvele athi: "Yenzeka", bese iyenzeka.

إِنَّمَآ أَمْرُهُۥٓ إِذَآ أَرَادَ شَيْـًٔا أَن يَقُولَ لَهُۥ كُن فَيَكُونُ ﴿٨٢﴾

83. Ungcwele lona umbuso wezinto zonke useZandleni zaKhe futhi niyobuyela kuYe.

فَسُبْحَٰنَ ٱلَّذِى بِيَدِهِۦ مَلَكُوتُ كُلِّ شَىْءٍ وَإِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٨٣﴾

(37) SURA SWAFATI
IZINGELOSI EZISEMIGQENI

سُورَةُ الصَّافَّاتِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngezingelosi ezima ngemigqa.

وَٱلصَّٰٓفَّٰتِ صَفًّا ﴿١﴾

2. Neziqhuba amafu.

فَٱلزَّٰجِرَٰتِ زَجْرًا ﴿٢﴾

3. Nangalezi ezifunda iSikhumbuzo.

فَٱلتَّٰلِيَٰتِ ذِكْرًا ﴿٣﴾

4. Impela okumele nimkhonze uyedwa vo.

إِنَّ إِلَٰهَكُمْ لَوَٰحِدٌ ﴿٤﴾

5. iNkosi yamazulu nomhlaba nokumaphakathi kwawo; futhi uyiNkosi yezimpumalanga.

رَّبُّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا وَرَبُّ ٱلْمَشَٰرِقِ ﴿٥﴾

6. Impela zihlobise isibhakabhaka sasemhlabeni ngobukhazikhazi bezinkanyezi.

إِنَّا زَيَّنَّا ٱلسَّمَآءَ ٱلدُّنْيَا بِزِينَةٍ ٱلْكَوَاكِبِ ﴿٦﴾

7. Futhi savikela kubo bonke oShayitani abangamahlongandlebe.

وَحِفْظًا مِّن كُلِّ شَيْطَٰنٍ مَّارِدٍ ﴿٧﴾

8. Abakwazi ukulalela isigungu esiphezulu [sezingelosi] futhi bayikijelwa kuzo zonke izinhlangothi.

لَّا يَسَّمَّعُونَ إِلَى ٱلْمَلَإِ ٱلْأَعْلَىٰ وَيُقْذَفُونَ مِن كُلِّ جَانِبٍ ﴿٨﴾

9. Ukuze baqheliswe futhi bathola isijeziso esinganqamuki.

دُحُورًا وَلَهُمْ عَذَابٌ وَاصِبٌ ﴿٩﴾

إِلَّا مَنْ خَطِفَ ٱلْخَطْفَةَ فَأَتْبَعَهُۥ
شِهَابٌ ثَاقِبٌ ﴿١٠﴾

10. Ngaphandle kalowo okhona ukucosha okuncane bese elandelwa ilangabi elivuthayo.

فَٱسْتَفْتِهِمْ أَهُمْ أَشَدُّ خَلْقًا أَم مَّنْ خَلَقْنَآ
إِنَّا خَلَقْنَٰهُم مِّن طِينٍ لَّازِبٍ ﴿١١﴾

11. Awubabuze ukuthi ingabe yibona abadalwe baqina noma yilokho esikudalile na?; impela sibadale ngobumba olunamathelayo.

بَلْ عَجِبْتَ وَيَسْخَرُونَ ﴿١٢﴾

12. Empeleni uyamangala kepha bona bayachwensa.

وَإِذَا ذُكِّرُوا۟ لَا يَذْكُرُونَ ﴿١٣﴾

13. Uma belulekwa abalaleli.

وَإِذَا رَأَوْا۟ ءَايَةً يَسْتَسْخِرُونَ ﴿١٤﴾

14. Uma bebona isibonakaliso, benza inhlekisa.

وَقَالُوٓا۟ إِنْ هَٰذَآ إِلَّا سِحْرٌ مُّبِينٌ ﴿١٥﴾

15. Futhi bathi:"Lokhu ilumbo uqobo".

أَءِذَا مِتْنَا وَكُنَّا تُرَابًا وَعِظَٰمًا أَءِنَّا
لَمَبْعُوثُونَ ﴿١٦﴾

16. Ingabe uma sesifile saba inhlabathi namathambo siphinde sivuswe na?

أَوَءَابَآؤُنَا ٱلْأَوَّلُونَ ﴿١٧﴾

17. Ngisho nokhokho bethu basendulo imbala.

قُلْ نَعَمْ وَأَنتُمْ دَٰخِرُونَ ﴿١٨﴾

18. Yithi: "Kunjalo, futhi niyobe nihlazekile".

فَإِنَّمَا هِىَ زَجْرَةٌ وَٰحِدَةٌ فَإِذَا هُمْ
يَنظُرُونَ ﴿١٩﴾

19. Kuyoba ukuzamazama okukodwa, bese bonke beqalaza.

وَقَالُوا۟ يَٰوَيْلَنَا هَٰذَا يَوْمُ ٱلدِّينِ ﴿٢٠﴾

20. Bayothi: "Kwaphela ngathi, lolu uSuku lokwahlulela".

هَٰذَا يَوْمُ ٱلْفَصْلِ ٱلَّذِى كُنتُم بِهِۦ
تُكَذِّبُونَ ﴿٢١﴾

21. Lolu usuku lomqamulajuqu, lolu ebeniluphika.

۞ ٱحْشُرُوا۟ ٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ وَأَزْوَٰجَهُمْ وَمَا
كَانُوا۟ يَعْبُدُونَ ﴿٢٢﴾

22. Buthanisani labo abaphambukile nabafana nabo nalokho ababekukhonza…

23. Ngaphandle kuka Allah, bese nibaholela endleleni eya emlilweni.

مِن دُونِ ٱللَّهِ فَٱهۡدُوهُمۡ إِلَىٰ صِرَٰطِ ٱلۡجَحِيمِ ﴿٢٣﴾

24. Nibamise ngokuba bazophekwa ngemibuzo.

وَقِفُوهُمۡۖ إِنَّهُم مَّسۡـُٔولُونَ ﴿٢٤﴾

25. Yini ngani ningasasizi na?

مَا لَكُمۡ لَا تَنَاصَرُونَ ﴿٢٥﴾

26. Empeleni namhlanje bazinikele.

بَلۡ هُمُ ٱلۡيَوۡمَ مُسۡتَسۡلِمُونَ ﴿٢٦﴾

27. Abanye bazoya kwabanye babuzane.

وَأَقۡبَلَ بَعۡضُهُمۡ عَلَىٰ بَعۡضٖ يَتَسَآءَلُونَ ﴿٢٧﴾

28. Bathi: "Impela nina benihlala niza kithi nihlasela iqiniso".

قَالُوٓاْ إِنَّكُمۡ كُنتُمۡ تَأۡتُونَنَا عَنِ ٱلۡيَمِينِ ﴿٢٨﴾

29. Bayothi: "Belu, beningebona abakholwayo".

قَالُواْ بَل لَّمۡ تَكُونُواْ مُؤۡمِنِينَ ﴿٢٩﴾

30. Futhi besingenawo amandla ngaphezu kwenu okuniphoqa; empeleni nina ngokwenu beningabantu abayizephula mthetho.

وَمَا كَانَ لَنَا عَلَيۡكُم مِّن سُلۡطَٰنٖۖ بَلۡ كُنتُمۡ قَوۡمٗا طَٰغِينَ ﴿٣٠﴾

31. Isinqumo seNkosi yethu sasifanela; ngakhoke siyozwa [isijeziso].

فَحَقَّ عَلَيۡنَا قَوۡلُ رَبِّنَآۖ إِنَّا لَذَآئِقُونَ ﴿٣١﴾

32. Sanidukisa ngoba nathi besidukile.

فَأَغۡوَيۡنَٰكُمۡ إِنَّا كُنَّا غَٰوِينَ ﴿٣٢﴾

33. Impela ngalolo suku bonke bayoba ndawonye esijezisweni.

فَإِنَّهُمۡ يَوۡمَئِذٖ فِي ٱلۡعَذَابِ مُشۡتَرِكُونَ ﴿٣٣﴾

34. Impela Thina sizenza njalo izephula mthetho.

إِنَّا كَذَٰلِكَ نَفۡعَلُ بِٱلۡمُجۡرِمِينَ ﴿٣٤﴾

35. Kwakuthi uma betshelwa ukuthi, akekho okufanele akhonzwe ngaphandle kuka Allah, bavele baziqhayise.

إِنَّهُمۡ كَانُوٓاْ إِذَا قِيلَ لَهُمۡ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا ٱللَّهُ يَسۡتَكۡبِرُونَ ﴿٣٥﴾

36. Futhi bathi: "Singayeka izikhonzwa zethu ngenxa yalembongi ewuhlanya".

وَيَقُولُونَ أَئِنَّا لَتَارِكُوٓاْ ءَالِهَتِنَا لِشَاعِرٍ مَّجۡنُونٖ ٣٦

37. Empelani ufike neqiniso futhi wafakazela ezinye iZithunywa.

بَلۡ جَآءَ بِٱلۡحَقِّ وَصَدَّقَ ٱلۡمُرۡسَلِينَ ٣٧

38. Impela nina niyozwa isijeziso esibuhlungu.

إِنَّكُمۡ لَذَآئِقُواْ ٱلۡعَذَابِ ٱلۡأَلِيمِ ٣٨

39. Futhi niyothola umvuzo walokho ebenikwenza kuphela.

وَمَا تُجۡزَوۡنَ إِلَّا مَا كُنتُمۡ تَعۡمَلُونَ ٣٩

40. Ngaphandle kwezigqila zaMi ezikhethekile.

إِلَّا عِبَادَ ٱللَّهِ ٱلۡمُخۡلَصِينَ ٤٠

41. Labo bayothola isondlo esaziwayo.

أُوْلَٰٓئِكَ لَهُمۡ رِزۡقٞ مَّعۡلُومٞ ٤١

42. Izithelo futhi bayophathwa kahle.

فَوَٰكِهُ وَهُم مُّكۡرَمُونَ ٤٢

43. Ezivandeni zentokomalo.

فِي جَنَّٰتِ ٱلنَّعِيمِ ٤٣

44. Emibhedeni bebhekene.

عَلَىٰ سُرُرٖ مُّتَقَٰبِلِينَ ٤٤

45. Belethelwa utshwala basemthonjeni ogelezayo.

يُطَافُ عَلَيۡهِم بِكَأۡسٖ مِّن مَّعِينِۭ ٤٥

46. Bumhlophe qwa, bumnandi kwabawuphuzayo.

بَيۡضَآءَ لَذَّةٖ لِّلشَّٰرِبِينَ ٤٦

47. Abunabuthi futhi abudakani.

لَا فِيهَا غَوۡلٞ وَلَا هُمۡ عَنۡهَا يُنزَفُونَ ٤٧

48. Futhi bayoba namatshitshi akhophozayo anamehlo amahle.

وَعِندَهُمۡ قَٰصِرَٰتُ ٱلطَّرۡفِ عِينٞ ٤٨

49. Afana [ngombala] namaqanda afukanyelwe[1].

كَأَنَّهُنَّ بَيۡضٞ مَّكۡنُونٞ ٤٩

50. Abanye bazoya kwabanye babuzane.

فَأَقۡبَلَ بَعۡضُهُمۡ عَلَىٰ بَعۡضٖ يَتَسَآءَلُونَ ٥٠

1 njengamaganda entshe.

51. Omunye wabo wathi: "Nganginomngani".

قَالَ قَآئِلٌ مِّنۡهُمۡ إِنِّي كَانَ لِي قَرِينٞ ٥١

52. Wayethi: "Ingabe wena uyakholwa…"

يَقُولُ أَءِنَّكَ لَمِنَ ٱلۡمُصَدِّقِينَ ٥٢

53. Ukuthi, kuyothi sesifile saba inhlabathi namathambo siphinda sivuswe?

أَءِذَا مِتۡنَا وَكُنَّا تُرَابٗا وَعِظَٰمًا أَءِنَّا لَمَدِينُونَ ٥٣

54. Uyothi: "Ake nilunguze".

قَالَ هَلۡ أَنتُم مُّطَّلِعُونَ ٥٤

55. Uyolunguza ambone ephakathi emlilweni.

فَٱطَّلَعَ فَرَءَاهُ فِي سَوَآءِ ٱلۡجَحِيمِ ٥٥

56. Uyothi: "Ngimfunge u Allah, ucishe wangibhubhisa".

قَالَ تَٱللَّهِ إِن كِدتَّ لَتُرۡدِينِ ٥٦

57. Ukube bekungesiwo umusa weNkosi yami ngabe name ngiphakathi [emlilweni].

وَلَوۡلَا نِعۡمَةُ رَبِّي لَكُنتُ مِنَ ٱلۡمُحۡضَرِينَ ٥٧

58. Ingabe asifanga na?

أَفَمَا نَحۡنُ بِمَيِّتِينَ ٥٨

59. Ngaphandle kokufa kwethu kokuqala futhi asijeziswanga na?

إِلَّا مَوۡتَتَنَا ٱلۡأُولَىٰ وَمَا نَحۡنُ بِمُعَذَّبِينَ ٥٩

60. Impela lokhu iyona impumelelo enkulu.

إِنَّ هَٰذَا لَهُوَ ٱلۡفَوۡزُ ٱلۡعَظِيمُ ٦٠

61. Labo abasebenzayo mabasebenzele lokhu.

لِمِثۡلِ هَٰذَا فَلۡيَعۡمَلِ ٱلۡعَٰمِلُونَ ٦١

62. Ingabe lokho iyona ndawo yokuhlala engcono noma isihlahla iZakumi [sameva].

أَذَٰلِكَ خَيۡرٞ نُّزُلًا أَمۡ شَجَرَةُ ٱلزَّقُّومِ ٦٢

63. Impela sisenze saba isivivinyo kulabo abaphambukile[1].

إِنَّا جَعَلۡنَٰهَا فِتۡنَةٗ لِّلظَّٰلِمِينَ ٦٣

1 baxakwa ukuthi simila kanjani isihlahla emlilweni, kube umlilo uyasishisa isihlahla.

64. Impela siyisihlahla esimila emsukeni womlilo.

إِنَّهَا شَجَرَةٌ تَخْرُجُ فِيٓ أَصْلِ ٱلْجَحِيمِ ﴿٦٤﴾

65. Izithelo zaso zifana namakhanda oShayitani.

طَلْعُهَا كَأَنَّهُۥ رُءُوسُ ٱلشَّيَٰطِينِ ﴿٦٥﴾

66. Impela bayodla kuso bagcwalise ngaso izisu zabo.

فَإِنَّهُمْ لَءَاكِلُونَ مِنْهَا فَمَالِـُٔونَ مِنْهَا ٱلْبُطُونَ ﴿٦٦﴾

67. Emuva kwakho bayophuza isiphuzo esixutshiwe esibilayo.

ثُمَّ إِنَّ لَهُمْ عَلَيْهَا لَشَوْبًا مِّنْ حَمِيمٍ ﴿٦٧﴾

68. Bese bubuyela futhi emlilweni.

ثُمَّ إِنَّ مَرْجِعَهُمْ لَإِلَى ٱلْجَحِيمِ ﴿٦٨﴾

69. Impela bona bafumanisa okhokho babo bedukile.

إِنَّهُمْ أَلْفَوْا۟ ءَابَآءَهُمْ ضَآلِّينَ ﴿٦٩﴾

70. Base belandela ezinyathelweni zabo ngokushesha.

فَهُمْ عَلَىٰٓ ءَاثَٰرِهِمْ يُهْرَعُونَ ﴿٧٠﴾

71. Futhi baningi abasendulo abaduka ngaphambi kwabo.

وَلَقَدْ ضَلَّ قَبْلَهُمْ أَكْثَرُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٧١﴾

72. Futhi sathumela kubo abexwayisi.

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا فِيهِم مُّنذِرِينَ ﴿٧٢﴾

73. Bheka nje ukuthi sabanjani isiphetho sabaxwayiswa.

فَٱنظُرْ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلْمُنذَرِينَ ﴿٧٣﴾

74. Ngaphandle kwezigqila zika Allah ezikhethekile.

إِلَّا عِبَادَ ٱللَّهِ ٱلْمُخْلَصِينَ ﴿٧٤﴾

75. Futhi uNuhu wakhuleka kithi; saba abaphenduli abahle kakhulu.

وَلَقَدْ نَادَىٰنَا نُوحٌ فَلَنِعْمَ ٱلْمُجِيبُونَ ﴿٧٥﴾

76. Samhlenga yena nomndeni wakhe ebunzimeni obukhulu.

وَنَجَّيْنَٰهُ وَأَهْلَهُۥ مِنَ ٱلْكَرْبِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٧٦﴾

77. Senza uzalo lwakhe kwaba yilona olusalayo.

وَجَعَلْنَا ذُرِّيَّتَهُۥ هُمُ ٱلْبَاقِينَ ﴿٧٧﴾

78. Futhi samenzela isasasa kwabalandela emuva kwakhe.
وَتَرَكْنَا عَلَيْهِ فِي ٱلْءَاخِرِينَ ﴿٧٨﴾

79. Ukuthula makube kuNuhu endalweni yonke.
سَلَٰمٌ عَلَىٰ نُوحٍ فِي ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٧٩﴾

80. Impela sibahlomulisa kanjalo abenzi bokuhle.
إِنَّا كَذَٰلِكَ نَجْزِي ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٨٠﴾

81. Impela ungomunye wezigqila zeThu ezikholwayo.
إِنَّهُۥ مِنْ عِبَادِنَا ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٨١﴾

82. Sabe sesiminzisa abanye.
ثُمَّ أَغْرَقْنَا ٱلْءَاخَرِينَ ﴿٨٢﴾

83. Futhi impela u Ibhirahimu omunye abalandela ezinyathelweni zakhe.
* وَإِنَّ مِن شِيعَتِهِۦ لَإِبْرَٰهِيمَ ﴿٨٣﴾

84. Mhla befika eNkosini yakhe ngenhliziyo emsulwa.
إِذْ جَآءَ رَبَّهُۥ بِقَلْبٍ سَلِيمٍ ﴿٨٤﴾

85. Mhla ethi kuyise nabantu bakubo: “Yini lokhu enikukhonzayo”.
إِذْ قَالَ لِأَبِيهِ وَقَوْمِهِۦ مَاذَا تَعْبُدُونَ ﴿٨٥﴾

86. Ingabe nikhonza izikhonzwa zamanga ngaphandle kuka Allah na.
أَئِفْكًا ءَالِهَةً دُونَ ٱللَّهِ تُرِيدُونَ ﴿٨٦﴾

87. Nicabangani ngeNkosi yendalo yonke na?
فَمَا ظَنُّكُم بِرَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٨٧﴾

88. Wabheka kanye ezinkanyezini.
فَنَظَرَ نَظْرَةً فِي ٱلنُّجُومِ ﴿٨٨﴾

89. Wathi: “Ngiyagula”.
فَقَالَ إِنِّي سَقِيمٌ ﴿٨٩﴾

90. Bamshiya kanjalo bahamba.
فَتَوَلَّوْا۟ عَنْهُ مُدْبِرِينَ ﴿٩٠﴾

91. Waqonda kuzikhonzwa zabo, wafike wathi: “Anidli na?”.
فَرَاغَ إِلَىٰٓ ءَالِهَتِهِمْ فَقَالَ أَلَا تَأْكُلُونَ ﴿٩١﴾

92. Yini ngani ningakhulumi na?
مَا لَكُمْ لَا تَنطِقُونَ ﴿٩٢﴾

93. Wazihlahlela ngamandla.

فَرَاغَ عَلَيْهِمْ ضَرْبًۢا بِٱلْيَمِينِ ﴿٩٣﴾

94. Beza kuye sebeshesha.

فَأَقْبَلُوٓاْ إِلَيْهِ يَزِفُّونَ ﴿٩٤﴾

95. Wathi: "Nikhonza lokhu enikubazayo na?"

قَالَ أَتَعْبُدُونَ مَا تَنْحِتُونَ ﴿٩٥﴾

96. Kube kungu Allah onidalille nina nenikwenzayo.

وَٱللَّهُ خَلَقَكُمْ وَمَا تَعْمَلُونَ ﴿٩٦﴾

97. Bathi: "Makheleni isakhiwo nimphonsele kuso emlilweni".

قَالُواْ ٱبْنُواْ لَهُۥ بُنْيَانًا فَأَلْقُوهُ فِى ٱلْجَحِيمِ ﴿٩٧﴾

98. Babefuna ukumenza okubi kepha senza bona badixileleka phansi.

فَأَرَادُواْ بِهِۦ كَيْدًا فَجَعَلْنَٰهُمُ ٱلْأَسْفَلِينَ ﴿٩٨﴾

99. Wathi: "Impela ngiyahamba ngiya eNkosini yami iyongihola".

وَقَالَ إِنِّى ذَاهِبٌ إِلَىٰ رَبِّى سَيَهْدِينِ ﴿٩٩﴾

100. Nkosi yami ngiphe [umntwana] ongoqotho.

رَبِّ هَبْ لِى مِنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿١٠٠﴾

101. Samhalalisela ngendodana enobubele.

فَبَشَّرْنَٰهُ بِغُلَٰمٍ حَلِيمٍ ﴿١٠١﴾

102. Kuthe lapho esekhulile esekwazi ukuhamba naye, wathi: Ndodana, ngibone nginquma ephusheni; ngakho-ke ubona kanjani na? Wathi: "Baba wami, yenza lokho oyalelwe kona, uzongifumanisa ngingobekezelayo uma u Allah ethanda".

فَلَمَّا بَلَغَ مَعَهُ ٱلسَّعْىَ قَالَ يَٰبُنَىَّ إِنِّىٓ أَرَىٰ فِى ٱلْمَنَامِ أَنِّىٓ أَذْبَحُكَ فَٱنظُرْ مَاذَا تَرَىٰ ۚ قَالَ يَٰٓأَبَتِ ٱفْعَلْ مَا تُؤْمَرُ ۖ سَتَجِدُنِىٓ إِن شَآءَ ٱللَّهُ مِنَ ٱلصَّٰبِرِينَ ﴿١٠٢﴾

103. Kuthe lapho sebezinikele futhi esembhekise phansi.

فَلَمَّآ أَسْلَمَا وَتَلَّهُۥ لِلْجَبِينِ ﴿١٠٣﴾

104. Sammemeza sathi: "Ibhirahimu".

وَنَٰدَيْنَٰهُ أَن يَٰٓإِبْرَٰهِيمُ ﴿١٠٤﴾

قَدْ صَدَّقْتَ ٱلرُّءْيَآ ۚ إِنَّا كَذَٰلِكَ نَجْزِى ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٠٥﴾

105. Usulifezile iphupho. Impela sibahlomulisa kanjalo abenzi bokuhle.

إِنَّ هَٰذَا لَهُوَ ٱلْبَلَٰٓؤُا۟ ٱلْمُبِينُ ﴿١٠٦﴾

106. Impela lokhu isivivinyo uqobo.

وَفَدَيْنَٰهُ بِذِبْحٍ عَظِيمٍ ﴿١٠٧﴾

107. Futhi samhlenga ngomhlatshelo omkhulu.

وَتَرَكْنَا عَلَيْهِ فِى ٱلْءَاخِرِينَ ﴿١٠٨﴾

108. Futhi samenzela isasasa kwabalandela emuva kwakhe.

سَلَٰمٌ عَلَىٰٓ إِبْرَٰهِيمَ ﴿١٠٩﴾

109. Ukuthula bakube ku Ibhirahimu.

كَذَٰلِكَ نَجْزِى ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١١٠﴾

110. Sibahlomulisa kanjalo abenzi bokuhle.

إِنَّهُۥ مِنْ عِبَادِنَا ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١١١﴾

111. Impela yena ungomunye wezigqila zeThu ezikholwayo.

وَبَشَّرْنَٰهُ بِإِسْحَٰقَ نَبِيًّا مِّنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿١١٢﴾

112. Futhi samhalalisela ngo Isihaki ozoba isithunywa esiqotho.

وَبَٰرَكْنَا عَلَيْهِ وَعَلَىٰٓ إِسْحَٰقَ ۚ وَمِن ذُرِّيَّتِهِمَا مُحْسِنٌ وَظَالِمٌ لِّنَفْسِهِۦ مُبِينٌ ﴿١١٣﴾

113. Sambusisa yena no Isihaki; futhi kuzalo labo kunalowo owenza okuhle futhi kunalowo ophambukile ngokusobala.

وَلَقَدْ مَنَنَّا عَلَىٰ مُوسَىٰ وَهَٰرُونَ ﴿١١٤﴾

114. Futhi impela sambusisa uMusa noHaruni.

وَنَجَّيْنَٰهُمَا وَقَوْمَهُمَا مِنَ ٱلْكَرْبِ ٱلْعَظِيمِ ﴿١١٥﴾

115. Futhi sabahlenga nesizwe sabo ebunzimeni obukhlu.

وَنَصَرْنَٰهُمْ فَكَانُوا۟ هُمُ ٱلْغَٰلِبِينَ ﴿١١٦﴾

116. Sabasekela kwaba yibona abanqobayo.

وَءَاتَيْنَٰهُمَا ٱلْكِتَٰبَ ٱلْمُسْتَبِينَ ﴿١١٧﴾

117. Futhi sabanika iNcwadi ecacisayo.

118. Futhi sabaholela endleleni eqondile.

وَهَدَيْنَٰهُمَا ٱلصِّرَٰطَ ٱلْمُسْتَقِيمَ ﴿١١٨﴾

119. Futhi sabenzela isasasa kwabalandela emuva kwabo.

وَتَرَكْنَا عَلَيْهِمَا فِى ٱلْءَاخِرِينَ ﴿١١٩﴾

120. Ukuthula makube kuMusa noHaruni.

سَلَٰمٌ عَلَىٰ مُوسَىٰ وَهَٰرُونَ ﴿١٢٠﴾

121. Impela sibahlomulisa kanjalo abenzi bokuhle.

إِنَّا كَذَٰلِكَ نَجْزِى ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٢١﴾

122. Impela bona bangabanye bezigqila zeThu ezikholwayo.

إِنَّهُۥ مِنْ عِبَادِنَا ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٢٢﴾

123. Futhi impela no Iliyasi wagengomunye weZithunywa.

وَإِنَّ إِلْيَاسَ لَمِنَ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿١٢٣﴾

124. Mhla ethi kubantu bakubo: "Kungani ningathobeli u Allah na?"

إِذْ قَالَ لِقَوْمِهِۦٓ أَلَا تَتَّقُونَ ﴿١٢٤﴾

125. Nikhonza isithixo u Ba-ali niyeka onguMdali omuhle kakhulu.

أَتَدْعُونَ بَعْلًا وَتَذَرُونَ أَحْسَنَ ٱلْخَٰلِقِينَ ﴿١٢٥﴾

126. U Allah iNkosi yenu neNkosi yokhokho benu basendulo.

ٱللَّهَ رَبَّكُمْ وَرَبَّ ءَابَآئِكُمُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٢٦﴾

127. Bamphika; ngakho-ke bayolethwa [emlilweni].

فَكَذَّبُوهُ فَإِنَّهُمْ لَمُحْضَرُونَ ﴿١٢٧﴾

128. Ngaphandle kwezigqila zika Allah ezikhethekile.

إِلَّا عِبَادَ ٱللَّهِ ٱلْمُخْلَصِينَ ﴿١٢٨﴾

129. Futhi samenzela isasasa kwabalandela emuva kwakhe.

وَتَرَكْنَا عَلَيْهِ فِى ٱلْءَاخِرِينَ ﴿١٢٩﴾

130. Ukuthula makube ku Iliyasini.

سَلَٰمٌ عَلَىٰٓ إِلْ يَاسِينَ ﴿١٣٠﴾

131. Impela sibahlomulisa kanjalo abenzi bokuhle.

إِنَّا كَذَٰلِكَ نَجْزِى ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٣١﴾

إِنَّهُۥ مِنْ عِبَادِنَا ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٣٢﴾

132. Impela yena ungomunye wezigqila zeThu ezikholwayo.

وَإِنَّ لُوطًا لَّمِنَ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿١٣٣﴾

133. Futhi impela uLuti ungomunye weZithunywa.

إِذْ نَجَّيْنَٰهُ وَأَهْلَهُۥٓ أَجْمَعِينَ ﴿١٣٤﴾

134. Mhla simhlenga yena nomndeni wakhe wonke.

إِلَّا عَجُوزًا فِى ٱلْغَٰبِرِينَ ﴿١٣٥﴾

135. Ngaphandle kwesalukazi esaba kanye nababhujiswayo.

ثُمَّ دَمَّرْنَا ٱلْـَٔاخَرِينَ ﴿١٣٦﴾

136. Sabe sesibhubhisa abanye.

وَإِنَّكُمْ لَتَمُرُّونَ عَلَيْهِم مُّصْبِحِينَ ﴿١٣٧﴾

137. Futhi impela nina nindlula kubo ekuseni.

وَبِٱلَّيْلِ ۗ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿١٣٨﴾

138. Nasebusuku; kungani ningaqondi na?

وَإِنَّ يُونُسَ لَمِنَ ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿١٣٩﴾

139. Futhi impela uYunusi ungomunye weZithunywa.

إِذْ أَبَقَ إِلَى ٱلْفُلْكِ ٱلْمَشْحُونِ ﴿١٤٠﴾

140. Mhla ebaleka engena emkhunjini ogcwele.

فَسَاهَمَ فَكَانَ مِنَ ٱلْمُدْحَضِينَ ﴿١٤١﴾

141. Wenza inkatho kepha yadla yena.

فَٱلْتَقَمَهُ ٱلْحُوتُ وَهُوَ مُلِيمٌ ﴿١٤٢﴾

142. Wagwinywa umkhome kulapho esolwa yena [ngakwenzile].

فَلَوْلَآ أَنَّهُۥ كَانَ مِنَ ٱلْمُسَبِّحِينَ ﴿١٤٣﴾

143. Ukube kwangusikho ukuthi wayengomunye abadumisayo.

لَلَبِثَ فِى بَطْنِهِۦٓ إِلَىٰ يَوْمِ يُبْعَثُونَ ﴿١٤٤﴾

144. Ngabe wahla esiswini sawo kuze kufike uSuku lokuvuswa.

* فَنَبَذْنَٰهُ بِٱلْعَرَآءِ وَهُوَ سَقِيمٌ ﴿١٤٥﴾

145. Samphonsela endaweni engenalutho egula.

وَأَنۢبَتْنَا عَلَيْهِ شَجَرَةً مِّن يَقْطِينٍ ﴿١٤٦﴾

146. Samkhulisela isihlahla sezintanga.

وَأَرْسَلْنَٰهُ إِلَىٰ مِاْئَةِ أَلْفٍ أَوْ يَزِيدُونَ ﴿١٤٧﴾

147. Samthumela kwizingulungwane eziyikhulu [zabantu] kuya phezulu.

148. Bakholwa sabanethezekisa kwaze kwafika isikhathi [sokufa].

فَـَٔامَنُواْ فَمَتَّعۡنَـٰهُمۡ إِلَىٰ حِينٖ ١٤٨

149. Babuze ukuthi ingabe iNkosi yakho yona inamadodakazi bona banamadodana na?

فَٱسۡتَفۡتِهِمۡ أَلِرَبِّكَ ٱلۡبَنَاتُ وَلَهُمُ ٱلۡبَنُونَ ١٤٩

150. Kumbe sadala izingelosi zaba izifazane bona bekhona.

أَمۡ خَلَقۡنَا ٱلۡمَلَـٰٓئِكَةَ إِنَـٰثٗا وَهُمۡ شَـٰهِدُونَ ١٥٠

151. Bheka! Impela bathi ngamanga abo aluhlaza…

أَلَآ إِنَّهُم مِّنۡ إِفۡكِهِمۡ لَيَقُولُونَ ١٥١

152. U Allah uzele futhi impela banamanga.

وَلَدَ ٱللَّهُ وَإِنَّهُمۡ لَكَـٰذِبُونَ ١٥٢

153. Ukhethe amadodakazi kunamadodana na?

أَصۡطَفَى ٱلۡبَنَاتِ عَلَى ٱلۡبَنِينَ ١٥٣

154. Yini ngani, nehlulela kanjani na?

مَا لَكُمۡ كَيۡفَ تَحۡكُمُونَ ١٥٤

155. Kungani ningalaleli na?

أَفَلَا تَذَكَّرُونَ ١٥٥

156. Kumbe banobufakazi obucacisayo.

أَمۡ لَكُمۡ سُلۡطَـٰنٞ مُّبِينٞ ١٥٦

157. Lethani-ke incwadi yenu uma ngempela niqinisile.

فَأۡتُواْ بِكِتَـٰبِكُمۡ إِن كُنتُمۡ صَـٰدِقِينَ ١٥٧

158. Futhi benza kwaba nolibo phakathi kuka Allah namajini[1]; kepha amajini azi kahle ukuthi ayosiwa [esijezisweni].

وَجَعَلُواْ بَيۡنَهُۥ وَبَيۡنَ ٱلۡجِنَّةِ نَسَبٗاۚ وَلَقَدۡ عَلِمَتِ ٱلۡجِنَّةُ إِنَّهُمۡ لَمُحۡضَرُونَ ١٥٨

159. Ungcwele u Allah kulokho abakushoyo.

سُبۡحَـٰنَ ٱللَّهِ عَمَّا يَصِفُونَ ١٥٩

160. Ngaphandle kwezigqila zika Allah ezikhethekile.

إِلَّا عِبَادَ ٱللَّهِ ٱلۡمُخۡلَصِينَ ١٦٠

1 Phela abanye abangakholwa babethi u Allah washada ijini lamzalela izingelosi; uphakeme Yena kulokho abakushoyo.

161. Impela nina nalokhu enikukhonzayo.

فَإِنَّكُمْ وَمَا تَعْبُدُونَ ﴿١٦١﴾

162. Akekho eningamlinga.

مَآ أَنتُمْ عَلَيْهِ بِفَٰتِنِينَ ﴿١٦٢﴾

163. Ngapha ndle kwalowo oyongena emlilweni.

إِلَّا مَنْ هُوَ صَالِ ٱلْجَحِيمِ ﴿١٦٣﴾

164. [Izingelosi zathi]: "Yilowo nalowo kithi unendawo yakhe eyaziwayo".

وَمَا مِنَّآ إِلَّا لَهُۥ مَقَامٌ مَّعْلُومٌ ﴿١٦٤﴾

165. Futhi impela thina sima ngemigqa.

وَإِنَّا لَنَحْنُ ٱلصَّآفُّونَ ﴿١٦٥﴾

166. Futhi impela thina siyamngcwelisa.

وَإِنَّا لَنَحْنُ ٱلْمُسَبِّحُونَ ﴿١٦٦﴾

167. Nakuba babethi…

وَإِن كَانُوا۟ لَيَقُولُونَ ﴿١٦٧﴾

168. Uma nathi singathola isikhumbuzo [incwadi] sabasendulo.

لَوْ أَنَّ عِندَنَا ذِكْرًا مِّنَ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٦٨﴾

169. Besizoba izigqila zika Allah ezikhethekile.

لَكُنَّا عِبَادَ ٱللَّهِ ٱلْمُخْلَصِينَ ﴿١٦٩﴾

170. Kepha abayikholwanga; ngakho-ke bazokwazi.

فَكَفَرُوا۟ بِهِۦ ۖ فَسَوْفَ يَعْلَمُونَ ﴿١٧٠﴾

171. Futhi laphuma iZwi leThu mayelana nezigqila zeThu eziyiZithunywa.

وَلَقَدْ سَبَقَتْ كَلِمَتُنَا لِعِبَادِنَا ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿١٧١﴾

172. Impela ziyosizwa.

إِنَّهُمْ لَهُمُ ٱلْمَنصُورُونَ ﴿١٧٢﴾

173. Futhi impela elethu ibutho eliyonqoba.

وَإِنَّ جُندَنَا لَهُمُ ٱلْغَٰلِبُونَ ﴿١٧٣﴾

174. Bayeke kanjalo okwesikhashana.

فَتَوَلَّ عَنْهُمْ حَتَّىٰ حِينٍ ﴿١٧٤﴾

175. Ubabheke nje, kungekudala nabo bazobona.

وَأَبْصِرْهُمْ فَسَوْفَ يُبْصِرُونَ ﴿١٧٥﴾

176. Ingabe bajahe isijeziso seThu na?

أَفَبِعَذَابِنَا يَسْتَعْجِلُونَ ﴿١٧٦﴾

177. Uma sesifika emagcekeni; kwaze kakubi ukusa kwalabo abaxwayisiwe.

فَإِذَا نَزَلَ بِسَاحَتِهِمْ فَسَآءَ صَبَاحُ ٱلْمُنذَرِينَ ﴿١٧٧﴾

178. Bayeke kanjalo okwesikhashana.

وَتَوَلَّ عَنْهُمْ حَتَّىٰ حِينٍ ﴿١٧٨﴾

179. Ubabheke nje, kungekudala nabo bazobona.

وَأَبْصِرْ فَسَوْفَ يُبْصِرُونَ ﴿١٧٩﴾

180. Ingcwele iNkosi yakho, iNkosi yamandla kulokho abakushoyo.

سُبْحَٰنَ رَبِّكَ رَبِّ ٱلْعِزَّةِ عَمَّا يَصِفُونَ ﴿١٨٠﴾

181. Futhi ukuthula makube kuZithunywa.

وَسَلَٰمٌ عَلَى ٱلْمُرْسَلِينَ ﴿١٨١﴾

182. Futhi udumo ngoluka Allah, iNkosi yendalo yonke.

وَٱلْحَمْدُ لِلَّهِ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿١٨٢﴾

(38) SURA SWADI
UNGWAQA U 'SWADI'

سُورَةُ صٓ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Swad. Ngifunga ngeKurani enesikhumbuzo.

صٓ ۚ وَٱلْقُرْءَانِ ذِى ٱلذِّكْرِ ﴿١﴾

2. Empeleni laba abangakholwa bayaziqhayisa futhi bayaphikisa.

بَلِ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ فِى عِزَّةٍ وَشِقَاقٍ ﴿٢﴾

3. Ziningi izizwe esazibhubhisa ngaphambi kwabo; zamemeza, kepha kwakungasiso isikhathi sokubaleka.

كَمْ أَهْلَكْنَا مِن قَبْلِهِم مِّن قَرْنٍ
فَنَادَوا۟ وَّلَاتَ حِينَ مَنَاصٍ ﴿٣﴾

4. Futhi bamangazwe ukuthi kufike kubo umexwayisi ongomunye wabo. Bathi abangakholwa: "Lona ngumlumbi onamanga".

وَعَجِبُوٓا۟ أَن جَآءَهُم مُّنذِرٌ مِّنْهُمْ ۖ وَقَالَ
ٱلْكَٰفِرُونَ هَٰذَا سَٰحِرٌ كَذَّابٌ ﴿٤﴾

5. Uzenza kanjani izikhonzwa kube isikhonzwa esisodwa na?; impela lokhu yinto eyisimanga.

أَجَعَلَ ٱلْءَالِهَةَ إِلَٰهًا وَٰحِدًا ۖ إِنَّ هَٰذَا
لَشَىْءٌ عُجَابٌ ﴿٥﴾

6. Abayizikhulu kobo baphuma [bathi ebantwini]: "Qhubekani futhi nibambelele kuzikhonzwa zenu; impela lokhu yikona okufunekayo".

وَٱنطَلَقَ ٱلْمَلَأُ مِنْهُمْ أَنِ ٱمْشُوا۟ وَٱصْبِرُوا۟
عَلَىٰٓ ءَالِهَتِكُمْ ۖ إِنَّ هَٰذَا لَشَىْءٌ يُرَادُ ﴿٦﴾

7. Asikaze sizwe ngalokhu nasenkolweni yokugcina imbala; impela lokhu amanga.

مَا سَمِعْنَا بِهَٰذَا فِى ٱلْمِلَّةِ ٱلْءَاخِرَةِ إِنْ
هَٰذَآ إِلَّا ٱخْتِلَٰقٌ ﴿٧﴾

8. Kwembulela kuye isikhumbuzo sikhona thina?. Empeleni bengabaza isikhumbuzo saMi; empeleni abakasizwa isijeziso saMi.

أَءُنزِلَ عَلَيْهِ ٱلذِّكْرُ مِنۢ بَيْنِنَا ۖ بَلْ هُمْ فِى شَكٍّ مِّن ذِكْرِىٓ ۖ بَل لَّمَّا يَذُوقُوا۟ عَذَابِ ﴿٨﴾

9. Kumbe banemicebo yomusa weNkosi yakho enguSomandla Ophanayo.

أَمْ عِندَهُمْ خَزَآئِنُ رَحْمَةِ رَبِّكَ ٱلْعَزِيزِ ٱلْوَهَّابِ ﴿٩﴾

10. Kumbe umbuso wamazulu nomhlaba nokumaphakathi kwawo ungowabo; ngakho-ke mabanyuke ngezindlela.

أَمْ لَهُم مُّلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا ۖ فَلْيَرْتَقُوا۟ فِى ٱلْأَسْبَٰبِ ﴿١٠﴾

11. Bayibutho kwamanye amaqembu eliyonqotshwa lapho.

جُندٌ مَّا هُنَالِكَ مَهْزُومٌ مِّنَ ٱلْأَحْزَابِ ﴿١١﴾

12. Abantu bakaNuhu nesizwe sakwa Adi noFirawuni wezikhonkwane, baphika ngaphambilini kwabo.

كَذَّبَتْ قَبْلَهُمْ قَوْمُ نُوحٍ وَعَادٌ وَفِرْعَوْنُ ذُو ٱلْأَوْتَادِ ﴿١٢﴾

13. Nesizwe sakwaTamudi nabantu bakaLuti nabantu baseMadiyana. Yiwona-ke lawo amaqembu.

وَثَمُودُ وَقَوْمُ لُوطٍ وَأَصْحَٰبُ لْـَٔيْكَةِ ۖ أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلْأَحْزَابُ ﴿١٣﴾

14. Bonke baphika iZithunywa; base befanelwa isijeziso.

إِن كُلٌّ إِلَّا كَذَّبَ ٱلرُّسُلَ فَحَقَّ عِقَابِ ﴿١٤﴾

15. Laba abalinde lutho ngaphandle komsindo owodwa ongabuyeli emuva.

وَمَا يَنظُرُ هَٰٓؤُلَآءِ إِلَّا صَيْحَةً وَٰحِدَةً مَّا لَهَا مِن فَوَاقٍ ﴿١٥﴾

16. Futhi bathi: "Nkosi yethu shisha usinike imiqulu yethu lungakafiki usuku lokwahlulela".

وَقَالُوا۟ رَبَّنَا عَجِّل لَّنَا قِطَّنَا قَبْلَ يَوْمِ ٱلْحِسَابِ ﴿١٦﴾

17. Kubekezelele lokho abakushoyo, ukukhumbule isigqila seThu uDawudi owayenamandla; impela wayezikela.

ٱصْبِرْ عَلَىٰ مَا يَقُولُونَ وَٱذْكُرْ عَبْدَنَا دَاوُۥدَ ذَا ٱلْأَيْدِ ۖ إِنَّهُۥٓ أَوَّابٌ ﴿١٧﴾

إِنَّا سَخَّرْنَا ٱلْجِبَالَ مَعَهُۥ يُسَبِّحْنَ
بِٱلْعَشِيِّ وَٱلْإِشْرَاقِ ﴿١٨﴾

18. Impela samjubela izintaba zidumisa naye ebusuku nasekuseni.

وَٱلطَّيْرَ مَحْشُورَةً ۖ كُلٌّ لَّهُۥٓ أَوَّابٌ ﴿١٩﴾

19. Nezinyoni ngokunjalo zazibuthaniswa; zonke zazilalela.

وَشَدَدْنَا مُلْكَهُۥ وَءَاتَيْنَٰهُ ٱلْحِكْمَةَ
وَفَصْلَ ٱلْخِطَابِ ﴿٢٠﴾

20. Samqinisela ubukhosi bakhe samupha nobuhlakani nobuciko benkulumo.

* وَهَلْ أَتَىٰكَ نَبَؤُا۟ ٱلْخَصْمِ إِذْ تَسَوَّرُوا۟
ٱلْمِحْرَابَ ﴿٢١﴾

21. Ingabe usuzwile ngendaba yabaphikisanyo mhla begibela phezu kwegumbi.

إِذْ دَخَلُوا۟ عَلَىٰ دَاوُۥدَ فَفَزِعَ مِنْهُمْ ۖ
قَالُوا۟ لَا تَخَفْ ۖ خَصْمَانِ بَغَىٰ بَعْضُنَا
عَلَىٰ بَعْضٍ فَٱحْكُم بَيْنَنَا بِٱلْحَقِّ وَلَا
تُشْطِطْ وَٱهْدِنَآ إِلَىٰ سَوَآءِ ٱلصِّرَٰطِ ﴿٢٢﴾

22. Mhla bengena kuDawudi, wabesaba. Bathi: "Ungesabi, singabaphikisanayo, abanye bethu bahlukumeze abanye, ngakho-ke hlulela phakathi ngeqiniso futhi ungenzi okungebulungiswa futhi usiholele endleleni eqondile".

إِنَّ هَٰذَآ أَخِى لَهُۥ تِسْعٌ وَتِسْعُونَ نَعْجَةً
وَلِىَ نَعْجَةٌ وَٰحِدَةٌ فَقَالَ أَكْفِلْنِيهَا
وَعَزَّنِى فِى ٱلْخِطَابِ ﴿٢٣﴾

23. Impela umnewethu lona unezimbuzi ezingamashumi ayisishagalolunye nesishagalolunye, mina nginembuzi eyodwa vo, ube esethi: "Nginike yona ngiyinakekele, wangihlula ngenkulomo".

قَالَ لَقَدْ ظَلَمَكَ بِسُؤَالِ نَعْجَتِكَ
إِلَىٰ نِعَاجِهِۦ ۖ وَإِنَّ كَثِيرًا مِّنَ ٱلْخُلَطَآءِ
لَيَبْغِى بَعْضُهُمْ عَلَىٰ بَعْضٍ إِلَّا ٱلَّذِينَ
ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ وَقَلِيلٌ مَّا
هُمْ ۗ وَظَنَّ دَاوُۥدُ أَنَّمَا فَتَنَّٰهُ فَٱسْتَغْفَرَ
رَبَّهُۥ وَخَرَّ رَاكِعًا وَأَنَابَ ۩ ﴿٢٤﴾

24. Wathi: "Impela akenzanga ubulungiswa kuwe ngokucela ukuhlanganisa imbuzi yakho nezimbuzi zakhe; futhi iningi labahlanganisayo bayahlukumezana ngaphandle kwalabo abakholwayo nabenza okulungileyo futhi ave beyidlanzana. uDawudi wacabanga

ukuthi besimvivinya, wabe esecela intethelelo eNkosini yakhe waya phansi wakhothama wazilahla.

فَغَفَرْنَا لَهُۥ ذَٰلِكَ ۖ وَإِنَّ لَهُۥ عِندَنَا لَزُلْفَىٰ وَحُسْنَ مَـَٔابٍ ﴿٢٥﴾

25. Samthethelela lokho; futhi impela unendawo eseduze kithi nendawo enhle ayobuyela kuyo.

يَٰدَاوُۥدُ إِنَّا جَعَلْنَٰكَ خَلِيفَةً فِى ٱلْأَرْضِ فَٱحْكُم بَيْنَ ٱلنَّاسِ بِٱلْحَقِّ وَلَا تَتَّبِعِ ٱلْهَوَىٰ فَيُضِلَّكَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ ۚ إِنَّ ٱلَّذِينَ يَضِلُّونَ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ لَهُمْ عَذَابٌ شَدِيدٌۢ بِمَا نَسُوا۟ يَوْمَ ٱلْحِسَابِ ﴿٢٦﴾

26. Wena Dawudi, sikwenze umbusi ezweni, ngakho-ke yehlulela phakathi kwabantu ngeqiniso futhi ungalandeli izinkanuko funa zikuphambukise endleleni ka Allah. Impela laba abaphambuka endleleni ka Allah bayothola isijeziso esinzima ngenxa yokulibala kwabo uSuku lokwahlulela.

وَمَا خَلَقْنَا ٱلسَّمَآءَ وَٱلْأَرْضَ وَمَا بَيْنَهُمَا بَٰطِلًا ۚ ذَٰلِكَ ظَنُّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ۚ فَوَيْلٌ لِّلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِنَ ٱلنَّارِ ﴿٢٧﴾

27. Futhi amazulu nomhlaba nokumaphakathi asikudalelanga ize. Lokho umdlinzo walabo abangakholwa; bayobhubha labo angakholwa emlilweni.

أَمْ نَجْعَلُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ كَٱلْمُفْسِدِينَ فِى ٱلْأَرْضِ أَمْ نَجْعَلُ ٱلْمُتَّقِينَ كَٱلْفُجَّارِ ﴿٢٨﴾

28. Kumbe kumele sense labo abakholwayo nabenza okulungileyo bafane nalabo abenza ukonakala ezweni noma sense abathobela u Allah bafane nezephula mthetho na?

كِتَٰبٌ أَنزَلْنَٰهُ إِلَيْكَ مُبَٰرَكٌ لِّيَدَّبَّرُوٓا۟ ءَايَٰتِهِۦ وَلِيَتَذَكَّرَ أُو۟لُوا۟ ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿٢٩﴾

29. LeNcwadi esiyembulele kuwe ebusisekile, ukuze bahlaziye imibiko yayo futhi labo abakhaliphile bathathe isifundo.

وَوَهَبْنَا لِدَاوُۥدَ سُلَيْمَٰنَ ۚ نِعْمَ ٱلْعَبْدُ ۖ إِنَّهُۥٓ أَوَّابٌ ﴿٣٠﴾

30. Futhi sapha uDawudi uSulayimani; wabe eyisigqila esihle; impela wayezinikela.

إِذْ عُرِضَ عَلَيْهِ بِٱلْعَشِيِّ ٱلصَّٰفِنَٰتُ ٱلْجِيَادُ ﴿٣١﴾

31. Mhla ekhonjiswa ntambama izinjomane ezime kahle zomjaho.

فَقَالَ إِنِّيٓ أَحْبَبْتُ حُبَّ ٱلْخَيْرِ عَن ذِكْرِ رَبِّى حَتَّىٰ تَوَارَتْ بِٱلْحِجَابِ ﴿٣٢﴾

32. Wathi: "Impela sengithande kakhulu izinto ezinhle kunokukhumbula iNkosi yami, laze lasithela [ilanga]".

رُدُّوهَا عَلَىَّ ۖ فَطَفِقَ مَسْحًۢا بِٱلسُّوقِ وَٱلْأَعْنَاقِ ﴿٣٣﴾

33. Wabuyiseni la; waqala wawagenca imilenze nezintamo.

وَلَقَدْ فَتَنَّا سُلَيْمَٰنَ وَأَلْقَيْنَا عَلَىٰ كُرْسِيِّهِۦ جَسَدًا ثُمَّ أَنَابَ ﴿٣٤﴾

34. Futhi samvivinya uSulayimani sajikijela isidumbu phezu kwesihlalo sakhe; emuva kwalokho wazithoba.

قَالَ رَبِّ ٱغْفِرْ لِى وَهَبْ لِى مُلْكًا لَّا يَنۢبَغِى لِأَحَدٍ مِّنۢ بَعْدِىٓ ۖ إِنَّكَ أَنتَ ٱلْوَهَّابُ ﴿٣٥﴾

35. Wathi: "Nkosi yami ngiphe ubukhosi obungeke butholwe omunye emuva kwami; impela Wena ungoPhayo".

فَسَخَّرْنَا لَهُ ٱلرِّيحَ تَجْرِى بِأَمْرِهِۦ رُخَآءً حَيْثُ أَصَابَ ﴿٣٦﴾

36. Samjubela umoya owahamba ngomyalelo wakhe ngesizotha noma kuphi lapho efuna ukuya khona.

وَٱلشَّيَٰطِينَ كُلَّ بَنَّآءٍ وَغَوَّاصٍ ﴿٣٧﴾

37. Ngokunjalo oShayitani, bonke ababengabakhi nabatshuzi.

وَءَاخَرِينَ مُقَرَّنِينَ فِى ٱلْأَصْفَادِ ﴿٣٨﴾

38. Abanye baboshiwe ngamasongo.

هَٰذَا عَطَآؤُنَا فَٱمْنُنْ أَوْ أَمْسِكْ بِغَيْرِ حِسَابٍ ﴿٣٩﴾

39. Lezi izipho zeThu; iphana omthandayo noma ungaphi omthandayo, ngaphandle kokuba necala.

وَإِنَّ لَهُۥ عِندَنَا لَزُلْفَىٰ وَحُسْنَ مَـَٔابٍ ﴿٤٠﴾

40. Futhi impela unendawo eseduze kithi nendawo enhle ayobuyela kuyo.

41. Futhi khumbula isigqila seThu u Ayubu mhla ekhuleka eNkosini yakhe [ethi]: "Impela uShayitani ungihlasele ngokukhathala nobunzima".

وَٱذۡكُرۡ عَبۡدَنَآ أَيُّوبَ إِذۡ نَادَىٰ رَبَّهُۥٓ أَنِّي مَسَّنِيَ ٱلشَّيۡطَٰنُ بِنُصۡبٖ وَعَذَابٍ ﴿٤١﴾

42. Shaya phansi ngomlenze wakho; lawa ngamanzi okugeza abandayo nokuphuza.

ٱرۡكُضۡ بِرِجۡلِكَۖ هَٰذَا مُغۡتَسَلُۢ بَارِدٞ وَشَرَابٞ ﴿٤٢﴾

43. Samupha umndeni wakhe usuphindwe kabili, kuwumusa ovela kithi nesikhumbuzo kulabo abakhaliphile.

وَوَهَبۡنَا لَهُۥٓ أَهۡلَهُۥ وَمِثۡلَهُم مَّعَهُمۡ رَحۡمَةٗ مِّنَّا وَذِكۡرَىٰ لِأُوْلِي ٱلۡأَلۡبَٰبِ ﴿٤٣﴾

44. Futhi thatha ngesandla sakho inyanda yezinswazi ukuze ungaphuli isibophezelo sakho. Impela samfumanisa enokubekezela; uyigqila esihle, impela uyazithoba.

وَخُذۡ بِيَدِكَ ضِغۡثٗا فَٱضۡرِب بِّهِۦ وَلَا تَحۡنَثۡۗ إِنَّا وَجَدۡنَٰهُ صَابِرٗاۚ نِّعۡمَ ٱلۡعَبۡدُ إِنَّهُۥٓ أَوَّابٞ ﴿٤٤﴾

45. Futhi khumbula izigqila zeThu u Ibhirahimu no Isihaki no Yakubu ababenamandla nolwazi olunzulu.

وَٱذۡكُرۡ عِبَٰدَنَآ إِبۡرَٰهِيمَ وَإِسۡحَٰقَ وَيَعۡقُوبَ أُوْلِي ٱلۡأَيۡدِي وَٱلۡأَبۡصَٰرِ ﴿٤٥﴾

46. Impela sabaqoka ngesimilo sekhethelo: ukukhumbula elizayo.

إِنَّآ أَخۡلَصۡنَٰهُم بِخَالِصَةٖ ذِكۡرَى ٱلدَّارِ ﴿٤٦﴾

47. Futhi kithi bangaqokiwe bekhethelo.

وَإِنَّهُمۡ عِندَنَا لَمِنَ ٱلۡمُصۡطَفَيۡنَ ٱلۡأَخۡيَارِ ﴿٤٧﴾

48. Futhi khumbula u Isima-ili no Aliyasa no Dulikifili; bonke bangabekhethelo.

وَٱذۡكُرۡ إِسۡمَٰعِيلَ وَٱلۡيَسَعَ وَذَا ٱلۡكِفۡلِۖ وَكُلّٞ مِّنَ ٱلۡأَخۡيَارِ ﴿٤٨﴾

49. Lesi isikhumbuzo; futhi impela labo abathobela u Allah bayothola indawo enhle abayobuyela kuyo.

هَٰذَا ذِكۡرٞۚ وَإِنَّ لِلۡمُتَّقِينَ لَحُسۡنَ مَـَٔابٖ ﴿٤٩﴾

50. Izivande zaphakade, bayovulelwa iminyango.

جَنَّٰتِ عَدۡنٖ مُّفَتَّحَةٗ لَّهُمُ ٱلۡأَبۡوَٰبُ ٥٠

51. Bayohlala baqhiyame kuzo, bafune kuzo izithelo eziningi neziphuzo.

مُتَّكِـِٔينَ فِيهَا يَدۡعُونَ فِيهَا بِفَٰكِهَةٖ كَثِيرَةٖ وَشَرَابٖ ٥١

52. Futhi bayoba namatshitshi akhophozelayo angontanga.

* وَعِندَهُمۡ قَٰصِرَٰتُ ٱلطَّرۡفِ أَتۡرَابٌ ٥٢

53. Yikho-ke lokhu enithenjiswe kona ngoSuku lokwahlulela.

هَٰذَا مَا تُوعَدُونَ لِيَوۡمِ ٱلۡحِسَابِ ٥٣

54. Impela lesi isondlo seThu asisoze saphela.

إِنَّ هَٰذَا لَرِزۡقُنَا مَا لَهُۥ مِن نَّفَادٍ ٥٤

55. Lokhu [kunjalo]. Kepha amahlongandlebe ayothola indawo embi ayobuyela kuyo.

هَٰذَاۚ وَإِنَّ لِلطَّٰغِينَ لَشَرَّ مَـَٔابٖ ٥٥

56. iJahananmu abayongena kuyo; okuyindawo embi.

جَهَنَّمَ يَصۡلَوۡنَهَا فَبِئۡسَ ٱلۡمِهَادُ ٥٦

57. Lesi [isijeziso], amanzi abilayo nobomvu, mabasizwe.

هَٰذَا فَلۡيَذُوقُوهُ حَمِيمٞ وَغَسَّاقٞ ٥٧

58. Kunesinye esifana nalesi, esinehlobo eziningi.

وَءَاخَرُ مِن شَكۡلِهِۦٓ أَزۡوَٰجٌ ٥٨

59. [Bayothi]: "Nalu uquqaba eniyongena nalo; alwamukelekile, impela luyongena emlilweni".

هَٰذَا فَوۡجٞ مُّقۡتَحِمٞ مَّعَكُمۡ لَا مَرۡحَبَۢا بِهِمۡۚ إِنَّهُمۡ صَالُواْ ٱلنَّارِ ٥٩

60. Bayothi: "Empeleni yinina eningamukelekile; yinina enisilethele sona [isijeziso], yaze yayimbi indawo".

قَالُواْ بَلۡ أَنتُمۡ لَا مَرۡحَبَۢا بِكُمۡۖ أَنتُمۡ قَدَّمۡتُمُوهُ لَنَاۖ فَبِئۡسَ ٱلۡقَرَارُ ٦٠

61. Bayothi: "Nkosi yethu, lowo osilethele lokhu, mandisele ngesijeziso esiphindaphindiwe emlilweni".

قَالُواْ رَبَّنَا مَن قَدَّمَ لَنَا هَٰذَا فَزِدۡهُ عَذَابٗا ضِعۡفٗا فِي ٱلنَّارِ ٦١

62. Futhi bayothi: "Kungani singawaboni amadoda esiwala kanye nabantu ababi na?"

وَقَالُوا۟ مَا لَنَا لَا نَرَىٰ رِجَالًا كُنَّا نَعُدُّهُم مِّنَ ٱلْأَشْرَارِ ﴿٦٢﴾

63. Ingabe sibenze inhlekisa kumbe amehlo ethu angababoni.

أَتَّخَذْنَٰهُمْ سِخْرِيًّا أَمْ زَاغَتْ عَنْهُمُ ٱلْأَبْصَٰرُ ﴿٦٣﴾

64. Impela lokho kuphikisana kwabantu abasemlilweni kuyiqiniso.

إِنَّ ذَٰلِكَ لَحَقٌّ تَخَاصُمُ أَهْلِ ٱلنَّارِ ﴿٦٤﴾

65. Yithi: "Mina ngingumexwayisi nje kuphela; futhi akekho okufanele akhonzwe ngaphandle kuka Allah Oyedwa Ongumlawuli".

قُلْ إِنَّمَآ أَنَا۠ مُنذِرٌ ۖ وَمَا مِنْ إِلَٰهٍ إِلَّا ٱللَّهُ ٱلْوَٰحِدُ ٱلْقَهَّارُ ﴿٦٥﴾

66. iNkosi yamazulu nomhlaba nokumaphakathi kwawo enguSomandla enguMthetheleli.

رَبُّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا ٱلْعَزِيزُ ٱلْغَفَّارُ ﴿٦٦﴾

67. Yithi: "Iwudaba olunzima".

قُلْ هُوَ نَبَؤٌا۟ عَظِيمٌ ﴿٦٧﴾

68. Kepha nina nilushaya indiva.

أَنتُمْ عَنْهُ مُعْرِضُونَ ﴿٦٨﴾

69. Bengingenalo ulwazi mayelana nezingelosi mhla ziphikisana.

مَا كَانَ لِىَ مِنْ عِلْمٍۭ بِٱلْمَلَإِ ٱلْأَعْلَىٰٓ إِذْ يَخْتَصِمُونَ ﴿٦٩﴾

70. Kuphela kwembulelwa kimi ukuthi ngingumexwayisi ocacisayo.

إِن يُوحَىٰٓ إِلَىَّ إِلَّآ أَنَّمَآ أَنَا۠ نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿٧٠﴾

71. Landisa ngamhla iNkosi yakho yithi ezingelosini: "Impela ngizodala umuntu ngobumba".

إِذْ قَالَ رَبُّكَ لِلْمَلَٰٓئِكَةِ إِنِّى خَٰلِقٌۢ بَشَرًا مِّن طِينٍ ﴿٧١﴾

72. Uma sengimbumbile ngaphefumulela kuye ngomphefumulo wami; mkhothameleni niwe phansi ngobuso.

فَإِذَا سَوَّيْتُهُۥ وَنَفَخْتُ فِيهِ مِن رُّوحِى فَقَعُوا۟ لَهُۥ سَٰجِدِينَ ﴿٧٢﴾

73. Zonke izingelosi ngothi lwazo sawa phansi ngobuso zakhothama.

فَسَجَدَ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ كُلُّهُمْ أَجْمَعُونَ ﴿٧٣﴾

74. Ngaphandle kuka Ibilisi, waziqhayisa waba ngomunye wabangakholwa.

إِلَّآ إِبْلِيسَ ٱسْتَكْبَرَ وَكَانَ مِنَ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٧٤﴾

75. Wathi: "We Ibilisi, uvinjwe yini ukuwa phansi ngobuso ukhothamele lokhu engikudale ngeZandla zaMi zombili na?"

قَالَ يَٰٓإِبْلِيسُ مَا مَنَعَكَ أَن تَسْجُدَ لِمَا خَلَقْتُ بِيَدَىَّ ۖ أَسْتَكْبَرْتَ أَمْ كُنتَ مِنَ ٱلْعَالِينَ ﴿٧٥﴾

76. Wathi: "Mina ngingcono kunaye; mina ungidale ngomlilo yena wamdala ngobumba".

قَالَ أَنَا۠ خَيْرٌ مِّنْهُ خَلَقْتَنِى مِن نَّارٍ وَخَلَقْتَهُۥ مِن طِينٍ ﴿٧٦﴾

77. Wathi: "Phuma kuyo [iJana] ngokuba wena usuxoshiwe".

قَالَ فَٱخْرُجْ مِنْهَا فَإِنَّكَ رَجِيمٌ ﴿٧٧﴾

78. Futhi impela wehlelwe isiqalekiso saMi kuyoze kube uSuku lokwahlulela.

وَإِنَّ عَلَيْكَ لَعْنَتِىٓ إِلَىٰ يَوْمِ ٱلدِّينِ ﴿٧٨﴾

79. Wathi: "Ngiphe impilo ende kuze kube uSuku lokuVuswa".

قَالَ رَبِّ فَأَنظِرْنِىٓ إِلَىٰ يَوْمِ يُبْعَثُونَ ﴿٧٩﴾

80. Wathi: "Nakanjani ungomunye walaba abanikwe impilo ende".

قَالَ فَإِنَّكَ مِنَ ٱلْمُنظَرِينَ ﴿٨٠﴾

81. Kuze kube isikhathi esaziwayo.

إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْوَقْتِ ٱلْمَعْلُومِ ﴿٨١﴾

82. Wathi: "Ngifunga ngobukhulu bakho, impela ngizodukisa bonke".

قَالَ فَبِعِزَّتِكَ لَأُغْوِيَنَّهُمْ أَجْمَعِينَ ﴿٨٢﴾

83. Ngaphandle kwezigqila zaKho ezikhethekile.

إِلَّا عِبَادَكَ مِنْهُمُ ٱلْمُخْلَصِينَ ﴿٨٣﴾

84. Wathi: "Iqiniso futhi iqiniso engolishoyo"

قَالَ فَٱلْحَقُّ وَٱلْحَقَّ أَقُولُ ﴿٨٤﴾

85. Ngizogcwalisa iJahanamu ngawe nangalabo kubo abazokulandela ngothi lwabo.

لَأَمْلَأَنَّ جَهَنَّمَ مِنكَ وَمِمَّن تَبِعَكَ مِنْهُمْ أَجْمَعِينَ ﴿٨٥﴾

86. Yithi: "Anginiceli ngakho umvuzo futhi mina azihluphi ngokuqamba amanga".

قُلْ مَآ أَسْـَٔلُكُمْ عَلَيْهِ مِنْ أَجْرٍ وَمَآ أَنَا۠ مِنَ ٱلْمُتَكَلِّفِينَ ﴿٨٦﴾

87. Iyisikhumbuzo [iKurani] nje kuphela kundalo yonke.

إِنْ هُوَ إِلَّا ذِكْرٌ لِّلْعَـٰلَمِينَ ﴿٨٧﴾

88. Futhi nizolwazi udaba lwayo emuva kwesikhashana.

وَلَتَعْلَمُنَّ نَبَأَهُۥ بَعْدَ حِينٍۭ ﴿٨٨﴾

(39) SURA ZUMARU
AMAQEMBU

سُورَةُ الزُّمَرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

تَنزِيلُ ٱلْكِتَٰبِ مِنَ ٱللَّهِ ٱلْعَزِيزِ ٱلْحَكِيمِ ﴿١﴾

إِنَّآ أَنزَلْنَآ إِلَيْكَ ٱلْكِتَٰبَ بِٱلْحَقِّ فَٱعْبُدِ ٱللَّهَ مُخْلِصًا لَّهُ ٱلدِّينَ ﴿٢﴾

أَلَا لِلَّهِ ٱلدِّينُ ٱلْخَالِصُ ۚ وَٱلَّذِينَ ٱتَّخَذُوا۟ مِن دُونِهِۦٓ أَوْلِيَآءَ مَا نَعْبُدُهُمْ إِلَّا لِيُقَرِّبُونَآ إِلَى ٱللَّهِ زُلْفَىٰٓ إِنَّ ٱللَّهَ يَحْكُمُ بَيْنَهُمْ فِى مَا هُمْ فِيهِ يَخْتَلِفُونَ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَهْدِى مَنْ هُوَ كَٰذِبٌ كَفَّارٌ ﴿٣﴾

لَّوْ أَرَادَ ٱللَّهُ أَن يَتَّخِذَ وَلَدًا لَّٱصْطَفَىٰ مِمَّا يَخْلُقُ مَا يَشَآءُ ۚ سُبْحَٰنَهُۥ ۖ هُوَ ٱللَّهُ ٱلْوَٰحِدُ ٱلْقَهَّارُ ﴿٤﴾

خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ بِٱلْحَقِّ ۖ يُكَوِّرُ ٱلَّيْلَ عَلَى ٱلنَّهَارِ وَيُكَوِّرُ ٱلنَّهَارَ عَلَى ٱلَّيْلِ ۖ وَسَخَّرَ ٱلشَّمْسَ وَٱلْقَمَرَ ۖ كُلٌّ يَجْرِى لِأَجَلٍ مُّسَمًّى ۗ أَلَا هُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْغَفَّارُ ﴿٥﴾

1. Ukwembulelwa kweNcwadi okuvela ku Allah uSomandla Okhaliphile.
2. Impela Thina sembulele kuwe iNcwadi ngeqiniso; ngakhoke, khonza u Allah ngenkolo emsulwa.
3. Bheka, inkolo emsulwa ngeka Allah. Futhi laba abaqoke izikhonzwa ngaphandle kwaKhe [bathi]: "Sizikhonzela ukuba zisisondeze eduze ku Allah"; u Allah uyekwehlulela phakathi kwabo ngalokho abaphikisana ngakho. Impela u Allah akamholi lowo onamanga ongakholwa.
4. Ukube u Allah ubefuna ukuba nengane bekazokhe noma yini akuthandayo kulokho akudalile; ungcwele, ungu Allah Oyedwa Ongumlawuli.
5. Wadala amazulu nomhlaba ngeqiniso; umboza imini ngobusuku aphinde amboze ubusuku ngemini, futhi ujube ilanga nenyanga konke kuyohamba kuze kufike isikhathi esibekiwe. Bheka, unguSomandla Othethelelayo.

خَلَقَكُم مِّن نَّفْسٍ وَٰحِدَةٍ ثُمَّ جَعَلَ مِنْهَا زَوْجَهَا وَأَنزَلَ لَكُم مِّنَ ٱلْأَنْعَٰمِ ثَمَٰنِيَةَ أَزْوَٰجٍ ۚ يَخْلُقُكُمْ فِى بُطُونِ أُمَّهَٰتِكُمْ خَلْقًا مِّنۢ بَعْدِ خَلْقٍ فِى ظُلُمَٰتٍ ثَلَٰثٍ ۚ ذَٰلِكُمُ ٱللَّهُ رَبُّكُمْ لَهُ ٱلْمُلْكُ ۖ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ۖ فَأَنَّىٰ تُصْرَفُونَ ﴿٦﴾

6. Wanidala ngomuntu oyedwa waphinde wadala ngaye umlingani wakhe. Futhi unidalele imfuyo eyizinhlobo eziyishagalombili. Unidala eziswini zonyoko isigaba ngesigaba ebumnyameni obuthathu[1]; loyo ngu Allah iNkosi yenu ubukhosi obungobayo; akekho okufanele akhonzwe ngaphandle kwaKhe; pho nidukiswa yini na?

إِن تَكْفُرُوا۟ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَنِىٌّ عَنكُمْ ۖ وَلَا يَرْضَىٰ لِعِبَادِهِ ٱلْكُفْرَ ۖ وَإِن تَشْكُرُوا۟ يَرْضَهُ لَكُمْ ۗ وَلَا تَزِرُ وَازِرَةٌ وِزْرَ أُخْرَىٰ ۚ ثُمَّ إِلَىٰ رَبِّكُم مَّرْجِعُكُمْ فَيُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ۚ إِنَّهُۥ عَلِيمٌۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿٧﴾

7. Uma ningakholwa, u Allah Uzimele akanidingi; kepha akazithandeli izigqila zaKhe ukungakholwa; futhi uma nibonga yikona anithandela kona. Futhi akukho muntu oyothwala umthwalo womunye. Niyophinda nibuyele eNkosini yenu ukuze inazise ngalokho ebenikwenza; impela Yona ikwazi kahle okuqukethwe izinhliziyo.

* وَإِذَا مَسَّ ٱلْإِنسَٰنَ ضُرٌّ دَعَا رَبَّهُۥ مُنِيبًا إِلَيْهِ ثُمَّ إِذَا خَوَّلَهُۥ نِعْمَةً مِّنْهُ نَسِىَ مَا كَانَ يَدْعُوٓا۟ إِلَيْهِ مِن قَبْلُ وَجَعَلَ لِلَّهِ أَندَادًا لِّيُضِلَّ عَن سَبِيلِهِۦ ۚ قُلْ تَمَتَّعْ بِكُفْرِكَ قَلِيلًا ۖ إِنَّكَ مِنْ أَصْحَٰبِ ٱلنَّارِ ﴿٨﴾

8. Futhi uma umuntu ehlelwa ubunzima, ukukhuleka eNkosini yakhe ngokuzinikela kuYo, kepha uma isimuphe umusa ovela kuYo, uyakukhohlwa lokho ebekukhulekela bese eqokela u Allah izimbangi bese uyaduka endleleni yaKhe. Yithi: "Thokoza ngokungakholwa kwakho okwesikhashana, impela ungomunye wabayongena emlilweni".

1 ubumnyama (i) besisu (ii) nobesizalo (iii) nobomzanyana.

أَمَّنْ هُوَ قَٰنِتٌ ءَانَآءَ ٱلَّيْلِ سَاجِدًا وَقَآئِمًا يَحْذَرُ ٱلْءَاخِرَةَ وَيَرْجُواْ رَحْمَةَ رَبِّهِۦ ۗ قُلْ هَلْ يَسْتَوِى ٱلَّذِينَ يَعْلَمُونَ وَٱلَّذِينَ لَا يَعْلَمُونَ ۗ إِنَّمَا يَتَذَكَّرُ أُوْلُواْ ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿٩﴾

9. Kumbe [ongcono] yilowo ozithobayo ebusuku ekhotheme ewa ngobuso futhi emile [ethandaza]; usaba elizayo futhi ulangazelele umusa weNkosi yakhe. Ingabe bayafana yini labo abanolwazi nalabo abangenalwazi na? Impela labo abakhaliphile yibona abathatha isifundo.

قُلْ يَٰعِبَادِ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱتَّقُواْ رَبَّكُمْ ۚ لِلَّذِينَ أَحْسَنُواْ فِى هَٰذِهِ ٱلدُّنْيَا حَسَنَةٌ ۗ وَأَرْضُ ٱللَّهِ وَٰسِعَةٌ ۗ إِنَّمَا يُوَفَّى ٱلصَّٰبِرُونَ أَجْرَهُم بِغَيْرِ حِسَابٍ ﴿١٠﴾

10. Yithi: "Zigqila zami[1] ezikholwayo, thobelani iNkosi yenu. Labo abenza okuhle lapha emhlabeni bayothola umvuzo omuhle; futhi umhlaba ka Allah ubanzi. Impela ababekezelayo bayonikwa umvuzo wabo ngokungemkhawulo".

قُلْ إِنِّىٓ أُمِرْتُ أَنْ أَعْبُدَ ٱللَّهَ مُخْلِصًا لَّهُ ٱلدِّينَ ﴿١١﴾

11. Yithi: "Ngiyalelwe ukuba ngikhonze u Allah yena kuphela ngobumsulwa".

وَأُمِرْتُ لِأَنْ أَكُونَ أَوَّلَ ٱلْمُسْلِمِينَ ﴿١٢﴾

12. Futhi ngiyalelwe ukuba ngibe owokuqala ukuba yiMusilimu.

قُلْ إِنِّىٓ أَخَافُ إِنْ عَصَيْتُ رَبِّى عَذَابَ يَوْمٍ عَظِيمٍ ﴿١٣﴾

13. Yithi: "Ngiyesaba isijeziso sosuku olunzima uma ngingalaleli iNkosi yami".

قُلِ ٱللَّهَ أَعْبُدُ مُخْلِصًا لَّهُۥ دِينِى ﴿١٤﴾

14. Yithi: "U Allah kuphela engimkhonzayo ngobumsulwa".

1 lapha iSithunywa siyalelwe ukuba sisho lamagama ngu Allah, belu naye uyisigqila sika Allah njengabanye.

15. Ngakho-ke khonzani enikuthandayo ngaphandle kwaKhe. Yithi: "Impela abalahlekelwa yilabo abazilahlekisele bona nemindeni yabo ngoSuku lokwahlulela; bheka ngoba lokho ukulahlekelwa uqobo".

فَٱعۡبُدُواْ مَا شِئۡتُم مِّن دُونِهِۦۗ قُلۡ إِنَّ ٱلۡخَٰسِرِينَ ٱلَّذِينَ خَسِرُوٓاْ أَنفُسَهُمۡ وَأَهۡلِيهِمۡ يَوۡمَ ٱلۡقِيَٰمَةِۗ أَلَا ذَٰلِكَ هُوَ ٱلۡخُسۡرَانُ ٱلۡمُبِينُ ١٥

16. Bayothola amathunzi omlilo ngaphezu kwabo nangaphansi kwabo kuyoba namathunzi. Lokho u Allah usabisa ngakho izigqila zaKhe; zigqila zaMi thobelani Mina.

لَهُم مِّن فَوۡقِهِمۡ ظُلَلٞ مِّنَ ٱلنَّارِ وَمِن تَحۡتِهِمۡ ظُلَلٞۚ ذَٰلِكَ يُخَوِّفُ ٱللَّهُ بِهِۦ عِبَادَهُۥۚ يَٰعِبَادِ فَٱتَّقُونِ ١٦

17. Futhi labo abagwema ukukhonza izikhonzwa zamanga baphinde banikele ku Allah, bayothola izindaba ezinhle; ngakho-ke yethula izindaba ezinhle kuzigqila zaMi.

وَٱلَّذِينَ ٱجۡتَنَبُواْ ٱلطَّٰغُوتَ أَن يَعۡبُدُوهَا وَأَنَابُوٓاْ إِلَى ٱللَّهِ لَهُمُ ٱلۡبُشۡرَىٰۚ فَبَشِّرۡ عِبَادِ ١٧

18. Lezi ezilalelisisa umyalelo bese bewulandela ngendlela efanele; yibo-ke labo u Allah abaholile futhi yibona kanye abakhaliphile.

ٱلَّذِينَ يَسۡتَمِعُونَ ٱلۡقَوۡلَ فَيَتَّبِعُونَ أَحۡسَنَهُۥۚ أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ هَدَىٰهُمُ ٱللَّهُۖ وَأُوْلَٰٓئِكَ هُمۡ أُوْلُواْ ٱلۡأَلۡبَٰبِ ١٨

19. Lowo ofanelwe isinqumo sesijeziso; ingabe wena uyakhona yini ukutakula lowo osesemlilweni na?.

أَفَمَنۡ حَقَّ عَلَيۡهِ كَلِمَةُ ٱلۡعَذَابِ أَفَأَنتَ تُنقِذُ مَن فِي ٱلنَّارِ ١٩

20. Kodwa laba abathobela iNkosi yabo; bayothola amagumbi okunamanye amagumbi akhiwe phezu kwawo, kugeleza imifula ngaphansi kwawo; isithembiso sika Allah, kanti-ke u Allah akasephuli isithembiso.

لَٰكِنِ ٱلَّذِينَ ٱتَّقَوۡاْ رَبَّهُمۡ لَهُمۡ غُرَفٞ مِّن فَوۡقِهَا غُرَفٞ مَّبۡنِيَّةٞ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُۖ وَعۡدَ ٱللَّهِ لَا يُخۡلِفُ ٱللَّهُ ٱلۡمِيعَادَ ٢٠

21. Awuboni ukuthi u Allah wehlise amanzi phezulu, wawenza imithombo egelezayo emhlabeni, wase ekhiqiza ngawo izitshalo ezinemibala ehlukene; emuva kwalokho ziyoma uzibone sezibunile bese ezenza imvithi. Impela kulokho kunesikhumbuzo kulabo abakhaliphile.

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ أَنزَلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً فَسَلَكَهُۥ يَنَٰبِيعَ فِى ٱلْأَرْضِ ثُمَّ يُخْرِجُ بِهِۦ زَرْعًا مُّخْتَلِفًا أَلْوَٰنُهُۥ ثُمَّ يَهِيجُ فَتَرَىٰهُ مُصْفَرًّا ثُمَّ يَجْعَلُهُۥ حُطَٰمًا ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَذِكْرَىٰ لِأُو۟لِى ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿٢١﴾

22. Ingabe lowo u Allah avulela i-Isilamu enhlizweni yakhe waba sekukhanyeni okuvela eNkosini yakhe [uyefana yini nongenjalo] na?Bayobhubha labo abanezinhliziyo eziqinile ekukhumbuleni u Allah; labo basekudukeni uqobo.

أَفَمَن شَرَحَ ٱللَّهُ صَدْرَهُۥ لِلْإِسْلَٰمِ فَهُوَ عَلَىٰ نُورٍ مِّن رَّبِّهِۦ ۚ فَوَيْلٌ لِّلْقَٰسِيَةِ قُلُوبُهُم مِّن ذِكْرِ ٱللَّهِ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ فِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٢٢﴾

23. U Allah wembulele inkulumo ezindlula zonke, iNcwadi engaziphikisi eziphindaphindayo; izikhumba zalabo abesaba iNkosi yabo ziba nohlevane ngenxa yayo, bese ziphinda zithamba izikhumba zabo kepha izinhliziyo zabo zisagxile ekukhumbuleni u Allah. Lokho ukuhola kuka Allah ahola ngakho amthandayo; futhi lowo u Allah amdukisayo akekho oyomhola.

ٱللَّهُ نَزَّلَ أَحْسَنَ ٱلْحَدِيثِ كِتَٰبًا مُّتَشَٰبِهًا مَّثَانِىَ تَقْشَعِرُّ مِنْهُ جُلُودُ ٱلَّذِينَ يَخْشَوْنَ رَبَّهُمْ ثُمَّ تَلِينُ جُلُودُهُمْ وَقُلُوبُهُمْ إِلَىٰ ذِكْرِ ٱللَّهِ ۚ ذَٰلِكَ هُدَى ٱللَّهِ يَهْدِى بِهِۦ مَن يَشَآءُ ۚ وَمَن يُضْلِلِ ٱللَّهُ فَمَا لَهُۥ مِنْ هَادٍ ﴿٢٣﴾

24. Ingabe lowo oyovika ububi besijeziso sosuku lokwahlulela ngobuso bakhe [uyefana yini noyophepha kuso na?]; futhi kuyothiwa kulabo abaphambukile: "Zwanini lokho ebenikwenza".

أَفَمَن يَتَّقِى بِوَجْهِهِۦ سُوٓءَ ٱلْعَذَابِ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۚ وَقِيلَ لِلظَّٰلِمِينَ ذُوقُوا۟ مَا كُنتُمْ تَكْسِبُونَ ﴿٢٤﴾

كَذَّبَ ٱلَّذِينَ مِن قَبۡلِهِمۡ فَأَتَىٰهُمُ ٱلۡعَذَابُ مِنۡ حَيۡثُ لَا يَشۡعُرُونَ ﴿٢٥﴾

25. Labo ababandulelayo baphika [imibiko], isijeziso safika kubo ngalapho ababangenakanga ngakhona.

فَأَذَاقَهُمُ ٱللَّهُ ٱلۡخِزۡيَ فِي ٱلۡحَيَوٰةِ ٱلدُّنۡيَاۖ وَلَعَذَابُ ٱلۡأٓخِرَةِ أَكۡبَرُۚ لَوۡ كَانُواْ يَعۡلَمُونَ ﴿٢٦﴾

26. U Allah wabazwisa ukuhlazeka empilweni yasemhlabeni; futhi isijeziso sakwelizayo sinzima kakhulu, ukube nje bebazi.

وَلَقَدۡ ضَرَبۡنَا لِلنَّاسِ فِي هَٰذَا ٱلۡقُرۡءَانِ مِن كُلِّ مَثَلٖ لَّعَلَّهُمۡ يَتَذَكَّرُونَ ﴿٢٧﴾

27. Futhi abantu sibenzele yonke imizekelo kuleKurani ukuze bathathe isifundo.

قُرۡءَانًا عَرَبِيًّا غَيۡرَ ذِي عِوَجٖ لَّعَلَّهُمۡ يَتَّقُونَ ﴿٢٨﴾

28. [Esiyenze yaba] iKurani yesi Arabhu engegwembile [engaziphikisi] ukuze bathobele u Allah.

ضَرَبَ ٱللَّهُ مَثَلٗا رَّجُلٗا فِيهِ شُرَكَآءُ مُتَشَٰكِسُونَ وَرَجُلٗا سَلَمٗا لِّرَجُلٍ هَلۡ يَسۡتَوِيَانِ مَثَلٗاۚ ٱلۡحَمۡدُ لِلَّهِۚ بَلۡ أَكۡثَرُهُمۡ لَا يَعۡلَمُونَ ﴿٢٩﴾

29. U Allah wenza umzekelo wendoda [eyigqila] ephethwe abalingani abathezisanayo nendoda [eyisigqila] ephethwe umuntu oyedwa; ingabe umzekelo wabo uyefana na?; udumo ngoluka Allah; empeleni iningi labo alazi.

إِنَّكَ مَيِّتٞ وَإِنَّهُم مَّيِّتُونَ ﴿٣٠﴾

30. Impela wena uzofa futhi nabo bazofa.

ثُمَّ إِنَّكُمۡ يَوۡمَ ٱلۡقِيَٰمَةِ عِندَ رَبِّكُمۡ تَخۡتَصِمُونَ ﴿٣١﴾

31. Futhi impela niyophikisa eNkosini yenu ngoSuku lokwahlulela.

* فَمَنۡ أَظۡلَمُ مِمَّن كَذَبَ عَلَى ٱللَّهِ وَكَذَّبَ بِٱلصِّدۡقِ إِذۡ جَآءَهُۥٓۚ أَلَيۡسَ فِي جَهَنَّمَ مَثۡوٗى لِّلۡكَٰفِرِينَ ﴿٣٢﴾

32. Ngubani ophambuke ukundlula lowo oqambela u Allah amanga nophika iqiniso lapho lifika kuye na?; kanti iJahanamu akusiyo yini indawo yalabo abangakholwa na?

33. Futhi lowo oza neqiniso aphinde alifakazele; labo bangabathobela u Allah.

وَٱلَّذِى جَآءَ بِٱلصِّدْقِ وَصَدَّقَ بِهِۦٓ أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُتَّقُونَ ﴿٣٣﴾

34. Bayothola abakufunayo eNkosini yabo; lowo umvuzo wabenza okuhle.

لَهُم مَّا يَشَآءُونَ عِندَ رَبِّهِمْ ۚ ذَٰلِكَ جَزَٰٓؤُا۟ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٣٤﴾

35. Ukuze u Allah abasulele lokho okubi abakwenzile bese ebanika umvuzo wabo ngokuhle okundlula lokho ababekwenza.

لِيُكَفِّرَ ٱللَّهُ عَنْهُمْ أَسْوَأَ ٱلَّذِى عَمِلُوا۟ وَيَجْزِيَهُمْ أَجْرَهُم بِأَحْسَنِ ٱلَّذِى كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٣٥﴾

36. Ingabe u Allah akanele yini kusigqila saKhe na? Futhi bayakuthusa ngalokho okungaphandle kwaKhe; futhi lowo u Allah amdukisile akekho oyomhola.

أَلَيْسَ ٱللَّهُ بِكَافٍ عَبْدَهُۥ ۖ وَيُخَوِّفُونَكَ بِٱلَّذِينَ مِن دُونِهِۦ ۚ وَمَن يُضْلِلِ ٱللَّهُ فَمَا لَهُۥ مِنْ هَادٍ ﴿٣٦﴾

37. Futhi lowo u Allah amholile akekho oyomdukisa; ingabe u Allah akasiye yini uSomandla oziphindiselelayo.

وَمَن يَهْدِ ٱللَّهُ فَمَا لَهُۥ مِن مُّضِلٍّ ۗ أَلَيْسَ ٱللَّهُ بِعَزِيزٍ ذِى ٱنتِقَامٍ ﴿٣٧﴾

38. Futhi uma ungababuza ukuthi ngubani owadala amazulu nomhlaba, bayothi: "Ngu Allah". Yithi: "Ake ningitshele ngalokhu enikukhonzayo ngaphandle kuka Allah, uma efuna ukungipha umusa waKhe, ingabe ziyokwazi yini ukuqanda umusa waKhe na?. Yithi: "U Allah ungenele, abathembelayo bathembela kuYe".

وَلَئِن سَأَلْتَهُم مَّنْ خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ لَيَقُولُنَّ ٱللَّهُ ۚ قُلْ أَفَرَءَيْتُم مَّا تَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ إِنْ أَرَادَنِىَ ٱللَّهُ بِضُرٍّ هَلْ هُنَّ كَٰشِفَٰتُ ضُرِّهِۦٓ أَوْ أَرَادَنِى بِرَحْمَةٍ هَلْ هُنَّ مُمْسِكَٰتُ رَحْمَتِهِۦ ۚ قُلْ حَسْبِىَ ٱللَّهُ ۖ عَلَيْهِ يَتَوَكَّلُ ٱلْمُتَوَكِّلُونَ ﴿٣٨﴾

39. Yithi: "Bantu bakithi, yenzani enikwenzayo, name ngiyenza; kepha nizokwazi kungekudala".

قُلْ يَٰقَوْمِ ٱعْمَلُوا۟ عَلَىٰ مَكَانَتِكُمْ إِنِّى عَٰمِلٌ ۖ فَسَوْفَ تَعْلَمُونَ ﴿٣٩﴾

40. Ukuthi ubani oyokwehlelwa isijeziso esihlazanayo futhi ehlelwe isijeziso esingapheli.

مَن يَأۡتِيهِ عَذَابٞ يُخۡزِيهِ وَيَحِلُّ عَلَيۡهِ عَذَابٞ مُّقِيمٌ ٤٠

41. Impela sembulele kuwe iNcwadi ngeqiniso ebhekiswe kubantu; lowo ozoholeleka uzisiza yena, kanti nalowo odukayo belu uzilaya yena uqobo; futhi wena awusiye umnakekeli wabo.

إِنَّآ أَنزَلۡنَا عَلَيۡكَ ٱلۡكِتَٰبَ لِلنَّاسِ بِٱلۡحَقِّۖ فَمَنِ ٱهۡتَدَىٰ فَلِنَفۡسِهِۦۖ وَمَن ضَلَّ فَإِنَّمَا يَضِلُّ عَلَيۡهَاۖ وَمَآ أَنتَ عَلَيۡهِم بِوَكِيلٍ ٤١

42. U Allah uthatha imiphefumulo uma sekufike isikhathi sayo sokufa naleyo engafanga ebuthongweni bayo; ube esewugodla lowo asewunqumele ukuba ufe kuthi lona omunye [ongezukufa] awukhulule kuze kufike isikhathi esibekiwe. Impela kulokho kuzebonakaliso kubantu abahlaziyayo.

ٱللَّهُ يَتَوَفَّى ٱلۡأَنفُسَ حِينَ مَوۡتِهَا وَٱلَّتِي لَمۡ تَمُتۡ فِي مَنَامِهَاۖ فَيُمۡسِكُ ٱلَّتِي قَضَىٰ عَلَيۡهَا ٱلۡمَوۡتَ وَيُرۡسِلُ ٱلۡأُخۡرَىٰٓ إِلَىٰٓ أَجَلٖ مُّسَمًّىۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَٰتٖ لِّقَوۡمٖ يَتَفَكَّرُونَ ٤٢

43. Kumbe baqoke abazobakhulumela ngaphandle kuka Allah; yithi: "Yize zingenalutho futhi zingenangqondo na?"

أَمِ ٱتَّخَذُواْ مِن دُونِ ٱللَّهِ شُفَعَآءَۚ قُلۡ أَوَلَوۡ كَانُواْ لَا يَمۡلِكُونَ شَيۡـٔٗا وَلَا يَعۡقِلُونَ ٤٣

44. Yithi: "Ukushweleza ngokuka Allah konke, futhi konke okusemazulwini nomahlaba kungokwakhe. Futhi niyobuyela kuYe".

قُل لِّلَّهِ ٱلشَّفَٰعَةُ جَمِيعٗاۖ لَّهُۥ مُلۡكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۖ ثُمَّ إِلَيۡهِ تُرۡجَعُونَ ٤٤

45. Uma u Allah ebalulwa Yedwa, izinhliziyo zalaba abangakholelwa kwelizayo ziyexwaya; kepha uma kubalulwa labo abangaphandle kwaKhe, ubona ngabo sebechichima.

وَإِذَا ذُكِرَ ٱللَّهُ وَحۡدَهُ ٱشۡمَأَزَّتۡ قُلُوبُ ٱلَّذِينَ لَا يُؤۡمِنُونَ بِٱلۡأٓخِرَةِۖ وَإِذَا ذُكِرَ ٱلَّذِينَ مِن دُونِهِۦٓ إِذَا هُمۡ يَسۡتَبۡشِرُونَ ٤٥

46. Yithi: "Allah, Mdali wamazulu nomhlaba, Sazi sokungabonwayo nokubonwayo, nguWena ohlulela phakathi kwezigqila zakho kulokho abaphikisana ngakho".

قُلِ ٱللَّهُمَّ فَاطِرَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ عَٰلِمَ ٱلْغَيْبِ وَٱلشَّهَٰدَةِ أَنتَ تَحْكُمُ بَيْنَ عِبَادِكَ فِى مَا كَانُوا۟ فِيهِ يَخْتَلِفُونَ ﴿٤٦﴾

47. Uma laba abaphambukile bekungokwabo konke lokhu okusemhlabeni nokunye okufana nakho, bebezozihlawulela ngakho [konke] ebubini besijeziso soSuku lokwahlulela; futhi kuyobavelela obala ku Allah lokho abangakucabangi.

وَلَوْ أَنَّ لِلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ مَا فِى ٱلْأَرْضِ جَمِيعًا وَمِثْلَهُۥ مَعَهُۥ لَٱفْتَدَوْا۟ بِهِۦ مِن سُوٓءِ ٱلْعَذَابِ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۚ وَبَدَا لَهُم مِّنَ ٱللَّهِ مَا لَمْ يَكُونُوا۟ يَحْتَسِبُونَ ﴿٤٧﴾

48. Kuyoba sobala kubo ububi balokho abakwenzile futhi kuyobahaqa lokho ababehlekisa ngakho.

وَبَدَا لَهُمْ سَيِّـَٔاتُ مَا كَسَبُوا۟ وَحَاقَ بِهِم مَّا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٤٨﴾

49. Uma umuntu ehlelwa ubunzima, ukhulekela kithi; kepha sesimuphe umusa ovela kiithi, uvele athi: "Ngikuphiwe ngenxa yolwazi". Empeleni kuyisivivinyo kodwa iningi labo alazi.

فَإِذَا مَسَّ ٱلْإِنسَٰنَ ضُرٌّ دَعَانَا ثُمَّ إِذَا خَوَّلْنَٰهُ نِعْمَةً مِّنَّا قَالَ إِنَّمَآ أُوتِيتُهُۥ عَلَىٰ عِلْمٍ ۚ بَلْ هِىَ فِتْنَةٌ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٤٩﴾

50. Impela nalabo abangaphambilini kwabo bakusho; kepha lokho ababekwenza akubasizanga ngalutho.

قَدْ قَالَهَا ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ فَمَآ أَغْنَىٰ عَنْهُم مَّا كَانُوا۟ يَكْسِبُونَ ﴿٥٠﴾

51. Behlelwa ububi balokho abakuzuzile; futhi nalabo abaphambukile kulaba nabo bayokwehlelwa ububi balokho abakuzuzile futhi ngeke baphunyule.

فَأَصَابَهُمْ سَيِّـَٔاتُ مَا كَسَبُوا۟ ۚ وَٱلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ مِنْ هَٰٓؤُلَآءِ سَيُصِيبُهُمْ سَيِّـَٔاتُ مَا كَسَبُوا۟ وَمَا هُم بِمُعْجِزِينَ ﴿٥١﴾

52. Ingabe abazi yini ukuthi u Allah upha ngenala aphinde aswinye isondlo kulowo athandayo; impela kulokho kunezibokaliso kubantu abakholwayo.

أَوَلَمْ يَعْلَمُوٓاْ أَنَّ ٱللَّهَ يَبْسُطُ ٱلرِّزْقَ لِمَن يَشَآءُ وَيَقْدِرُۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَأٓيَٰتٍ لِّقَوْمٍ يُؤْمِنُونَ ﴿٥٢﴾

53. Yithi: "Zigqila zaMi eziphambukile, ningalahli ithemba ngomusa ka Allah; impela u Allah uthethelela zonke izimpambuko; impela Yena unguMthetheleli Onesihawu.

* قُلْ يَٰعِبَادِيَ ٱلَّذِينَ أَسْرَفُواْ عَلَىٰٓ أَنفُسِهِمْ لَا تَقْنَطُواْ مِن رَّحْمَةِ ٱللَّهِۚ إِنَّ ٱللَّهَ يَغْفِرُ ٱلذُّنُوبَ جَمِيعًاۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلْغَفُورُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٥٣﴾

54. Futhi zilahleni eNkosini yenu futhi nizinikele kuYo singakafiki kini isijeziso bese ningasizwa.

وَأَنِيبُوٓاْ إِلَىٰ رَبِّكُمْ وَأَسْلِمُواْ لَهُۥ مِن قَبْلِ أَن يَأْتِيَكُمُ ٱلْعَذَابُ ثُمَّ لَا تُنصَرُونَ ﴿٥٤﴾

55. Futhi nilandele okuhle lokhu okwembulelwe kini kuvela eNkosini yenu singakafiki kini isijeziso ningazelele futhi ninganakile.

وَٱتَّبِعُوٓاْ أَحْسَنَ مَآ أُنزِلَ إِلَيْكُم مِّن رَّبِّكُم مِّن قَبْلِ أَن يَأْتِيَكُمُ ٱلْعَذَابُ بَغْتَةً وَأَنتُمْ لَا تَشْعُرُونَ ﴿٥٥﴾

56. Ukuze umuntu angathi: "Ngiyazisola ngokudembesela kwami ngasohlangothini luka Allah futhi bengenza inhlekisa".

أَن تَقُولَ نَفْسٌ يَٰحَسْرَتَىٰ عَلَىٰ مَا فَرَّطتُ فِي جَنۢبِ ٱللَّهِ وَإِن كُنتُ لَمِنَ ٱلسَّٰخِرِينَ ﴿٥٦﴾

57. Noma athi: "Ukube u Allah wangihola ngabe ngingomunye wabamthobelayo".

أَوْ تَقُولَ لَوْ أَنَّ ٱللَّهَ هَدَىٰنِي لَكُنتُ مِنَ ٱلْمُتَّقِينَ ﴿٥٧﴾

58. Noma athi lapho esebona isijeziso: "Uma ngingathola ithuba lokubuyela emuva, ukuze ngibe omunye wabenza okuhle".

أَوْ تَقُولَ حِينَ تَرَى ٱلْعَذَابَ لَوْ أَنَّ لِي كَرَّةً فَأَكُونَ مِنَ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿٥٨﴾

59. Imbala; imibiko yeThu yafika kuwe kepha wayiphika waziqhayisa futhi waba ongakholwa.

بَلَىٰ قَدْ جَآءَتْكَ ءَايَٰتِى فَكَذَّبْتَ بِهَا وَٱسْتَكْبَرْتَ وَكُنتَ مِنَ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٥٩﴾

60. Futhi ngoSuku lokwahlulela uyobona ubuso balabo abaqambele u Allah amanga bumnyama bhuqe; kanti iJahanamu akusiyo yini indawo yalaba abagqajayo na?

وَيَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ تَرَى ٱلَّذِينَ كَذَبُوا۟ عَلَى ٱللَّهِ وُجُوهُهُم مُّسْوَدَّةٌ ۚ أَلَيْسَ فِى جَهَنَّمَ مَثْوًى لِّلْمُتَكَبِّرِينَ ﴿٦٠﴾

61. Futhi u Allah uyobahlenga laba abamthobelayo ngokuphumelela kwabo; angeke sibathole isijeziso futhi ngeke bakhathazeke.

وَيُنَجِّى ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ٱتَّقَوْا۟ بِمَفَازَتِهِمْ لَا يَمَسُّهُمُ ٱلسُّوٓءُ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿٦١﴾

62. U Allah unguMdali wezinto zonke futhi nguYena onakekela yonke into.

ٱللَّهُ خَٰلِقُ كُلِّ شَىْءٍ ۖ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ وَكِيلٌ ﴿٦٢﴾

63. Unezihluthulelo zasemazulwini nasemhlabeni. Futhi labo abangakholwa yimibiko ka Allah, yibona kanye abalahlekelwe.

لَّهُۥ مَقَالِيدُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۗ وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْخَٰسِرُونَ ﴿٦٣﴾

64. Yithi: "Nina ziwula ningiyalela ukuba ngikhonze okunye ngaphandle kuka Allah na?"

قُلْ أَفَغَيْرَ ٱللَّهِ تَأْمُرُوٓنِّىٓ أَعْبُدُ أَيُّهَا ٱلْجَٰهِلُونَ ﴿٦٤﴾

65. Futhi kwembulela kuwe nakulabo abakwandulelayo ukuthi: "Uma nje ungabhangqa; nakanjani zonke izenzo zakho [ezinhle] ziyoshabalala futhi uyoba ngolahlekelwe".

وَلَقَدْ أُوحِىَ إِلَيْكَ وَإِلَى ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِكَ لَئِنْ أَشْرَكْتَ لَيَحْبَطَنَّ عَمَلُكَ وَلَتَكُونَنَّ مِنَ ٱلْخَٰسِرِينَ ﴿٦٥﴾

66. Empeleni ngu Allah okumele umkhonze uphinde ube ngobongayo.

بَلِ ٱللَّهَ فَٱعْبُدْ وَكُن مِّنَ ٱلشَّٰكِرِينَ ﴿٦٦﴾

67. Futhi abamhloniphanga u Allah ngendlela obekumele ahlonishwe ngayo; futhi umhlaba wonke uyobe ewuxhakathisile ngoSuku lokwahlulela, amazulu ayobe esongwe eSandleni saKhe sokunene. Ungcwele futhi Uphakeme kunalokho abakubhangqayo.

وَمَا قَدَرُوا۟ ٱللَّهَ حَقَّ قَدْرِهِۦ وَٱلْأَرْضُ جَمِيعًا قَبْضَتُهُۥ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ وَٱلسَّمَٰوَٰتُ مَطْوِيَّٰتٌۢ بِيَمِينِهِۦ ۚ سُبْحَٰنَهُۥ وَتَعَٰلَىٰ عَمَّا يُشْرِكُونَ ﴿٦٧﴾

68. Futhi kuyoshaywa uphondo, bese kuquleka bonke abasemazulwini nabasemhlabeni, ngaphandle kwabathandwa ngu Allah; bese luphindwa lushaywa, bese bonke bayavuka bame baqalaze.

وَنُفِخَ فِى ٱلصُّورِ فَصَعِقَ مَن فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَن فِى ٱلْأَرْضِ إِلَّا مَن شَآءَ ٱللَّهُ ۖ ثُمَّ نُفِخَ فِيهِ أُخْرَىٰ فَإِذَا هُمْ قِيَامٌ يَنظُرُونَ ﴿٦٨﴾

69. Futhi umhlaba uyokhanya ngenkazimulo yeNkosi yawo; kuyobe sekubekwa incwadi [yezenzo] bese kulethwa iZithunywa nofakazi, kwahlulelwe phakathi kwabo ngeqiniso futhi akukho okungebulungiswa okuyokwenziwa kubo.

وَأَشْرَقَتِ ٱلْأَرْضُ بِنُورِ رَبِّهَا وَوُضِعَ ٱلْكِتَٰبُ وَجِا۟ىٓءَ بِٱلنَّبِيِّـۧنَ وَٱلشُّهَدَآءِ وَقُضِىَ بَيْنَهُم بِٱلْحَقِّ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿٦٩﴾

70. Futhi wonke umuntu uyothola umvuzo ogcwele wezenzo zakhe; futhi Yena ukwazi kahle abakwenzayo.

وَوُفِّيَتْ كُلُّ نَفْسٍ مَّا عَمِلَتْ وَهُوَ أَعْلَمُ بِمَا يَفْعَلُونَ ﴿٧٠﴾

71. Bayoqhutshelwa eJahanamu labo abangakholwa ngamaqembu ngamaqembu; kuyothi mabefika kuyo, iminyago yayo ivuleke. Abaqhaphi bayo bayothi: "Ingabe azifikanga yini iZithunywa

وَسِيقَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ إِلَىٰ جَهَنَّمَ زُمَرًا ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءُوهَا فُتِحَتْ أَبْوَٰبُهَا وَقَالَ لَهُمْ خَزَنَتُهَآ أَلَمْ يَأْتِكُمْ رُسُلٌ مِّنكُمْ يَتْلُونَ عَلَيْكُمْ ءَايَٰتِ رَبِّكُمْ

zakini zinifundela imibiko yeNkosi yenu futhi zinixwayisa ngomhlangano walolu suku lwenu na?" Bayothi: "Bafika, kodwa isinqumo sesijeziso sifanele abangakholwa".

وَيُنذِرُونَكُمْ لِقَآءَ يَوْمِكُمْ هَٰذَا ۚ قَالُوا۟ بَلَىٰ وَلَٰكِنْ حَقَّتْ كَلِمَةُ ٱلْعَذَابِ عَلَى ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٧١﴾

72. Kuyothiwa: "Ngenani eminyangweni yaseJahanamu nihlale kuyo unaphakade; yaze yayimbi indawo yabazigqajayo".

قِيلَ ٱدْخُلُوٓا۟ أَبْوَٰبَ جَهَنَّمَ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۖ فَبِئْسَ مَثْوَى ٱلْمُتَكَبِّرِينَ ﴿٧٢﴾

73. Futhi bayoqhutshelwa eJana labo abathobela u Allah ngamaqembu ngamaqembu; kuyothi mabefika kuyo, iminyango yayo iyobe ivulekile. Abaqhaphi bayo bayothi: "Ukuthula makube kini, nimsulwa ngakho-ke ngenani kuyo nihlale unaphakade".

وَسِيقَ ٱلَّذِينَ ٱتَّقَوْا۟ رَبَّهُمْ إِلَى ٱلْجَنَّةِ زُمَرًا ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءُوهَا وَفُتِحَتْ أَبْوَٰبُهَا وَقَالَ لَهُمْ خَزَنَتُهَا سَلَٰمٌ عَلَيْكُمْ طِبْتُمْ فَٱدْخُلُوهَا خَٰلِدِينَ ﴿٧٣﴾

74. Futhi bayothi: "Udumo ngoluka Allah, lona osifezele isithembiso saKhe wasinika iJana sihlala noma yikuphi esithanda khona eJana; waze wamuhle umvuzo wabasebenzayo.

وَقَالُوا۟ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ ٱلَّذِى صَدَقَنَا وَعْدَهُۥ وَأَوْرَثَنَا ٱلْأَرْضَ نَتَبَوَّأُ مِنَ ٱلْجَنَّةِ حَيْثُ نَشَآءُ ۖ فَنِعْمَ أَجْرُ ٱلْعَٰمِلِينَ ﴿٧٤﴾

75. Futhi uyobona izingelosi zizungeze iSihlalo zibabaza udumo lweNkosi yazo; futhi kuyokwahlulelwa phakathi kwabo ngeqiniso bese kuthiwa: "Udumo ngoluka Allah iNkosi yendalo yonke".

وَتَرَى ٱلْمَلَٰٓئِكَةَ حَآفِّينَ مِنْ حَوْلِ ٱلْعَرْشِ يُسَبِّحُونَ بِحَمْدِ رَبِّهِمْ ۚ وَقُضِىَ بَيْنَهُم بِٱلْحَقِّ ۚ وَقِيلَ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٧٥﴾

(40) SURA GAFIRI
OTHETHELELAYO

سُورَةُ غَافِرٍ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ha-Mim.

حمٓ ﴿١﴾

2. Ukwembulelwa kweNcwadi okuvela ku Allah uSomandla Owaziyo.

تَنزِيلُ ٱلْكِتَٰبِ مِنَ ٱللَّهِ ٱلْعَزِيزِ ٱلْعَلِيمِ ﴿٢﴾

3. Othethelela impambuko nowamukela ukuzisola nojezisana kanzima nowenzelana umusa; akekho okufanele akhonzwe ngaphandle kwaKhe; isiphetho sikuYe.

غَافِرِ ٱلذَّنۢبِ وَقَابِلِ ٱلتَّوْبِ شَدِيدِ ٱلْعِقَابِ ذِى ٱلطَّوْلِ ۖ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ۖ إِلَيْهِ ٱلْمَصِيرُ ﴿٣﴾

4. Laba abangakholwa yibona kuphela abaphikisana nemibiko ka Allah, ngakho-ke ungayengwa ukwehla nokwenyuka kwabo [bephephile] emazweni.

مَا يُجَٰدِلُ فِىٓ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ إِلَّا ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ فَلَا يَغْرُرْكَ تَقَلُّبُهُمْ فِى ٱلْبِلَٰدِ ﴿٤﴾

5. Ngaphambi kwabo abantu bakaNuhu baphika ngokunjalo amaqembu eza emuva kwabo. Isizwe nesizwe sasifuna ukubulala iSithunywa sabo; futhi babephikisana ngombhedo ukuze bashabalalise iqiniso; ngabe sengiyaba jezisa; bheka ukuthi saba njani isijeziso saMi.

كَذَّبَتْ قَبْلَهُمْ قَوْمُ نُوحٍ وَٱلْأَحْزَابُ مِنۢ بَعْدِهِمْ ۖ وَهَمَّتْ كُلُّ أُمَّةٍۭ بِرَسُولِهِمْ لِيَأْخُذُوهُ ۖ وَجَٰدَلُوا۟ بِٱلْبَٰطِلِ لِيُدْحِضُوا۟ بِهِ ٱلْحَقَّ فَأَخَذْتُهُمْ ۖ فَكَيْفَ كَانَ عِقَابِ ﴿٥﴾

6. Ngokunjalo isinqumo seNkosi yakho sabafanela laba abangakholwa ukuthi bayongena emlilweni.

وَكَذَٰلِكَ حَقَّتْ كَلِمَتُ رَبِّكَ عَلَى ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓاْ أَنَّهُمْ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ ﴿٦﴾

7. Labo abathwala iSihlalo [izingelosi] nalabo abaseduze nabo bababaza udumo lweNkosi yabo futhi baykholelwa kuyo baphinde bacelele labo abakholwayo intethelelo [bathi]: "Nkosi yethu, wengamele yonke into ngomusa nangolwaazi lwaKho , ngakho-ke, thethelela labo abazisolayo nabalandela indlela yakho ubavikele esijezisweni somlilo.

ٱلَّذِينَ يَحْمِلُونَ ٱلْعَرْشَ وَمَنْ حَوْلَهُۥ يُسَبِّحُونَ بِحَمْدِ رَبِّهِمْ وَيُؤْمِنُونَ بِهِۦ وَيَسْتَغْفِرُونَ لِلَّذِينَ ءَامَنُواْ ۖ رَبَّنَا وَسِعْتَ كُلَّ شَىْءٍ رَّحْمَةً وَعِلْمًا فَٱغْفِرْ لِلَّذِينَ تَابُواْ وَٱتَّبَعُواْ سَبِيلَكَ وَقِهِمْ عَذَابَ ٱلْجَحِيمِ ﴿٧﴾

8. Nkosi yethu, uphinde ubangenise ezivandeni zaphakade lezi obathembise zona bona kanye nalabo abaqotho kubazali babo nabalingani babo nozalo lwabo; impela Wena unguSomandla Okhaliphile.

رَبَّنَا وَأَدْخِلْهُمْ جَنَّٰتِ عَدْنٍ ٱلَّتِى وَعَدتَّهُمْ وَمَن صَلَحَ مِنْ ءَابَآئِهِمْ وَأَزْوَٰجِهِمْ وَذُرِّيَّٰتِهِمْ ۚ إِنَّكَ أَنتَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٨﴾

9. Futhi ubavikele ezimpambukweni [isijeziso sazo]; ngokuba lowo omvikele ezimpambukweni ngalolo suku usuke impela ube nomusa kuye, futhi leyo impumelelo enkulu.

وَقِهِمُ ٱلسَّيِّـَٔاتِ ۚ وَمَن تَقِ ٱلسَّيِّـَٔاتِ يَوْمَئِذٍ فَقَدْ رَحِمْتَهُۥ ۚ وَذَٰلِكَ هُوَ ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿٩﴾

10. Impela laba abangakholwa bayomemezwa [kuthiwe]: "Inzondo ka Allah yendlula eyenu inzondo enizizonda ngayo mhla nimenyelwa okholweno kepha nina nangakholwa.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ يُنَادَوْنَ لَمَقْتُ ٱللَّهِ أَكْبَرُ مِن مَّقْتِكُمْ أَنفُسَكُمْ إِذْ تُدْعَوْنَ إِلَى ٱلْإِيمَٰنِ فَتَكْفُرُونَ ﴿١٠﴾

11. Bathi: "Nkosi yethu, usenze safa kabili waphinde wasivusa kabili; ngakho-ke siyazivuma izimpambuko zethu; ingabe-ke ikhona yini indlela yokuphuma na?"

قَالُوا۟ رَبَّنَآ أَمَتَّنَا ٱثْنَتَيْنِ وَأَحْيَيْتَنَا ٱثْنَتَيْنِ فَٱعْتَرَفْنَا بِذُنُوبِنَا فَهَلْ إِلَىٰ خُرُوجٍ مِّن سَبِيلٍ ﴿١١﴾

12. Lokho kungenxa yokuthi uma u Allah ekhonzwa yedwa, anikholwa, kepha uma ebhangqwa niyakholwa; ukwahlulela ngokuka Allah Ophakeme Omkhulu.

ذَٰلِكُم بِأَنَّهُۥٓ إِذَا دُعِىَ ٱللَّهُ وَحْدَهُۥ كَفَرْتُمْ ۖ وَإِن يُشْرَكْ بِهِۦ تُؤْمِنُوا۟ ۚ فَٱلْحُكْمُ لِلَّهِ ٱلْعَلِىِّ ٱلْكَبِيرِ ﴿١٢﴾

13. NguYena lona onibonisa izibonakaliso zaKhe aphinde anihlinzeke ngesondlo esivela phezulu [umvula], futhi yilabo abazinikelayo abathatha isifundo.

هُوَ ٱلَّذِى يُرِيكُمْ ءَايَٰتِهِۦ وَيُنَزِّلُ لَكُم مِّنَ ٱلسَّمَآءِ رِزْقًا ۚ وَمَا يَتَذَكَّرُ إِلَّا مَن يُنِيبُ ﴿١٣﴾

14. Ngakho-ke khonzani u Allah Yena yedwa ngobumsulwa noma bangazonda abangakholwa.

فَٱدْعُوا۟ ٱللَّهَ مُخْلِصِينَ لَهُ ٱلدِّينَ وَلَوْ كَرِهَ ٱلْكَٰفِرُونَ ﴿١٤﴾

15. Uphakamisa isigaba, uneSihlalo, wembulela ngokunquma kwaKhe kulowo amthandayo ezigqileni zaKhe ukuzwe axwayise ngoSuku lokuHlangana[1].

رَفِيعُ ٱلدَّرَجَٰتِ ذُو ٱلْعَرْشِ يُلْقِى ٱلرُّوحَ مِنْ أَمْرِهِۦ عَلَىٰ مَن يَشَآءُ مِنْ عِبَادِهِۦ لِيُنذِرَ يَوْمَ ٱلتَّلَاقِ ﴿١٥﴾

16. Ngosuku lapho bonke bayobe beseshashalazini, akekho oyokwazi ukucashela u Allah. Ngobukabani ubukhosi

يَوْمَ هُم بَٰرِزُونَ ۖ لَا يَخْفَىٰ عَلَى ٱللَّهِ مِنْهُمْ شَىْءٌ ۚ لِّمَنِ ٱلْمُلْكُ ٱلْيَوْمَ ۖ لِلَّهِ ٱلْوَٰحِدِ ٱلْقَهَّارِ ﴿١٦﴾

1 ngoSuku lokwaHlulela, indalo iyohlangana noMdali wayo, umuntu nezenzo zakhe, abantu basekuqaleni bayohlangana nabasekugcineni, izidalwa zasemazulwini ziyohlangana nezasemhlabeni, njalonjalo.

namhlanje na?; [uyoziphendula]: "Ngobuka Allah Oyedwa Ongumlawuli".

17. Namhlanje wonke umuntu uyothola umvuzo walokho abekwenza. Akukho okungebulungiswa namhlanje; impela u Allah wehlulela ngokushesha.

ٱلْيَوْمَ تُجْزَىٰ كُلُّ نَفْسٍۭ بِمَا كَسَبَتْ ۚ لَا ظُلْمَ ٱلْيَوْمَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ سَرِيعُ ٱلْحِسَابِ ﴿١٧﴾

18. Futhi baxwayise ngosuku oluseduze, lapho izinhliziyo ziyofika emphinjweni belusizi; futhi abaphambukile abanamngani noma oyobakhulumela oyolalelwa.

وَأَنذِرْهُمْ يَوْمَ ٱلْـَٔازِفَةِ إِذِ ٱلْقُلُوبُ لَدَى ٱلْحَنَاجِرِ كَٰظِمِينَ ۚ مَا لِلظَّٰلِمِينَ مِنْ حَمِيمٍ وَلَا شَفِيعٍ يُطَاعُ ﴿١٨﴾

19. [u Allah] Wazi inkohliso yamehlo nalokho okufihlwe izifuba.

يَعْلَمُ خَآئِنَةَ ٱلْأَعْيُنِ وَمَا تُخْفِى ٱلصُّدُورُ ﴿١٩﴾

20. Futhi u Allah wehlulela ngeqiniso; kepha labo ababakhonzayo ngaphandle kuka Allah abahluleli ngalutho; impela u Allah ungoZwayo Obonayo.

وَٱللَّهُ يَقْضِى بِٱلْحَقِّ ۖ وَٱلَّذِينَ يَدْعُونَ مِن دُونِهِۦ لَا يَقْضُونَ بِشَىْءٍ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْبَصِيرُ ﴿٢٠﴾

21. Ingabe abahambanga yini ezweni babheke ukuthi sabanjani isiphetho salabo ababandulela. Babenamandla ukundlula bona namagugu emhlabeni ukundlula bona. U Allah wabajezisa ngezimpambuko zabo, futhi akekho owayengabavikela ku Allah.

* أَوَلَمْ يَسِيرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ فَيَنظُرُوا۟ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلَّذِينَ كَانُوا۟ مِن قَبْلِهِمْ ۚ كَانُوا۟ هُمْ أَشَدَّ مِنْهُمْ قُوَّةً وَءَاثَارًا فِى ٱلْأَرْضِ فَأَخَذَهُمُ ٱللَّهُ بِذُنُوبِهِمْ وَمَا كَانَ لَهُم مِّنَ ٱللَّهِ مِن وَاقٍ ﴿٢١﴾

22. Lokho kungenxa yokuthi, kwakuthi uma kufika iZithunywa zabo nezibonakaliso, babengakholwa; u Allah wase uyabajezisa. Impela Yena unamandla ujezisana kanzima.

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ كَانَت تَّأْتِيهِمْ رُسُلُهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَكَفَرُوا۟ فَأَخَذَهُمُ ٱللَّهُ ۖ إِنَّهُۥ قَوِىٌّ شَدِيدُ ٱلْعِقَابِ ﴿٢٢﴾

23. Futhi sathumela uMusa nezibonakaliso zeThu nobufakazi obucacisayo.

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا مُوسَىٰ بِـَٔايَٰتِنَا وَسُلْطَٰنٍ مُّبِينٍ ﴿٢٣﴾

24. KuFirawuna noHamani noKaruni, kepha bathi: "Umlumbi onamanga".

إِلَىٰ فِرْعَوْنَ وَهَٰمَٰنَ وَقَٰرُونَ فَقَالُوا۟ سَٰحِرٌ كَذَّابٌ ﴿٢٤﴾

25. Kuthe lapho efika kubo neqiniso elivela kithi bathi: "Bulalani amadodana alabo abakholwa naye niyeke abafazi babo". Futhi itulo labangakholwa liyashabalala.

فَلَمَّا جَآءَهُم بِٱلْحَقِّ مِنْ عِندِنَا قَالُوا۟ ٱقْتُلُوٓا۟ أَبْنَآءَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ مَعَهُۥ وَٱسْتَحْيُوا۟ نِسَآءَهُمْ ۚ وَمَا كَيْدُ ٱلْكَٰفِرِينَ إِلَّا فِى ضَلَٰلٍ ﴿٢٥﴾

26. Futhi uFirawuni wathi: "Ngiyekeni ngibulale uMusa, abize iNkosi; impela nesaba ukuthi uzoguqula inkolo yenu noma alethe ukonakala ezweni".

وَقَالَ فِرْعَوْنُ ذَرُونِىٓ أَقْتُلْ مُوسَىٰ وَلْيَدْعُ رَبَّهُۥٓ ۖ إِنِّىٓ أَخَافُ أَن يُبَدِّلَ دِينَكُمْ أَوْ أَن يُظْهِرَ فِى ٱلْأَرْضِ ٱلْفَسَادَ ﴿٢٦﴾

27. Wathi uMusa: "Ngizivikela ngeNkosi yami neNkosi yenu kulowo nalowo oziqhayisayo ongakholelwa oSukwini lokwaHlulela".

وَقَالَ مُوسَىٰٓ إِنِّى عُذْتُ بِرَبِّى وَرَبِّكُم مِّن كُلِّ مُتَكَبِّرٍ لَّا يُؤْمِنُ بِيَوْمِ ٱلْحِسَابِ ﴿٢٧﴾

28. Indoda ekholwayo yesizwe sikaFirawuni ebefihla ukholo lwayo yathi: "Nibulala indoda ngoba nje ithe, iNkosi yami ngu Allah yaphinda yanilethela ubufakazi obuvela eNkosini

وَقَالَ رَجُلٌ مُّؤْمِنٌ مِّنْ ءَالِ فِرْعَوْنَ يَكْتُمُ إِيمَٰنَهُۥٓ أَتَقْتُلُونَ رَجُلًا أَن يَقُولَ رَبِّىَ ٱللَّهُ وَقَدْ جَآءَكُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ مِن رَّبِّكُمْ ۖ وَإِن يَكُ كَٰذِبًا فَعَلَيْهِ كَذِبُهُۥ

yenu; uma enamanga, amanga ayo ayosala nayo; kepha uma eqinisile, kuyonehlela okunye kwalokhu anithembisa kona; impela u Allah akamholi lowo oyisephula mthetho onamanga".

وَإِن يَكُ صَادِقًا يُصِبْكُم بَعْضُ ٱلَّذِى يَعِدُكُمْ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَهْدِى مَنْ هُوَ مُسْرِفٌ كَذَّابٌ ﴿٢٨﴾

29. Bantu bakithi, namhlanje ubukhosi ngobenu niyabusa ezweni; ngubani-ke oyosiza esijezisweni sika Allah uma sesifika kithi na?. Wathi uFirawuni: "Nginibonisa lokhu engikubonayo futhi nginiholela endleleni eqotho".

يَٰقَوْمِ لَكُمُ ٱلْمُلْكُ ٱلْيَوْمَ ظَٰهِرِينَ فِى ٱلْأَرْضِ فَمَن يَنصُرُنَا مِنۢ بَأْسِ ٱللَّهِ إِن جَآءَنَا ۚ قَالَ فِرْعَوْنُ مَآ أُرِيكُمْ إِلَّا مَآ أَرَىٰ وَمَآ أَهْدِيكُمْ إِلَّا سَبِيلَ ٱلرَّشَادِ ﴿٢٩﴾

30. Wathi lona okholwayo: "Bantu bakithi, impela nginesabela lokhu okwenzeka ngezinsuku zamaqembu".

وَقَالَ ٱلَّذِىٓ ءَامَنَ يَٰقَوْمِ إِنِّىٓ أَخَافُ عَلَيْكُم مِّثْلَ يَوْمِ ٱلْأَحْزَابِ ﴿٣٠﴾

31. Njengokwenzeka kubantu baka Nuhu nabakwa AdinabakwaTamudi nalabo abenza emuva kwabo; futhi u Allah akafuni ukwenza okungebulungiswa ezigqileni.

مِثْلَ دَأْبِ قَوْمِ نُوحٍ وَعَادٍ وَثَمُودَ وَٱلَّذِينَ مِنۢ بَعْدِهِمْ ۚ وَمَا ٱللَّهُ يُرِيدُ ظُلْمًا لِّلْعِبَادِ ﴿٣١﴾

32. Futhi, bantu bakithi, nginisabela uSuku lokuBizana[1].

وَيَٰقَوْمِ إِنِّىٓ أَخَافُ عَلَيْكُمْ يَوْمَ ٱلتَّنَادِ ﴿٣٢﴾

33. Ngosuku lapho bayobaleka bengabheki emuva, kepha akekho oyonivikela ku Allah; futhi lowo odukiswe ngu Allah akekho oyomhola.

يَوْمَ تُوَلُّونَ مُدْبِرِينَ مَا لَكُم مِّنَ ٱللَّهِ مِنْ عَاصِمٍ ۗ وَمَن يُضْلِلِ ٱللَّهُ فَمَا لَهُۥ مِنْ هَادٍ ﴿٣٣﴾

1 abantu bayobizana becelana usizo, abasemlilweni bebiza abasezivandeni, kanti futhi wonke umuntu uyobizwa ngegama lakhe ukuze ayohlulelwa.

34. Futhi noYusufu wafika kini phambilini nobufakazi, kepha nanilokhu nikungabaza lokhu anilethele kona; kuthe lapho eseshonile nathi: "u Allah akasoze athumela esinye iSithunywa emuva kwakhe". U Allah umdukisa kanjalo lowo oyisephulamthetho ongenasiqiniseko.

وَلَقَدْ جَآءَكُمْ يُوسُفُ مِن قَبْلُ بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَمَا زِلْتُمْ فِى شَكٍّ مِّمَّا جَآءَكُم بِهِۦ ۖ حَتَّىٰٓ إِذَا هَلَكَ قُلْتُمْ لَن يَبْعَثَ ٱللَّهُ مِنۢ بَعْدِهِۦ رَسُولًا ۚ كَذَٰلِكَ يُضِلُّ ٱللَّهُ مَنْ هُوَ مُسْرِفٌ مُّرْتَابٌ ﴿٣٤﴾

35. Labo abaphikisana ngemibiko ka Allah ngaphandle kobufakazi obufike kubo, [lokho] kuzondekile kakhulu ku Allah nakulabo abakholwayo. U Allah uyivala kanjalo inhliziyo yalowo nalowo ozigqajayo oziqhayisayo.

ٱلَّذِينَ يُجَٰدِلُونَ فِىٓ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ بِغَيْرِ سُلْطَٰنٍ أَتَىٰهُمْ ۖ كَبُرَ مَقْتًا عِندَ ٱللَّهِ وَعِندَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ۚ كَذَٰلِكَ يَطْبَعُ ٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ قَلْبِ مُتَكَبِّرٍ جَبَّارٍ ﴿٣٥﴾

36. Wathi uFirawuni: "We Hamani, ngakhele umbhoshongo ukuze ngifinyelele emizileni".

وَقَالَ فِرْعَوْنُ يَٰهَٰمَٰنُ ٱبْنِ لِى صَرْحًا لَّعَلِّىٓ أَبْلُغُ ٱلْأَسْبَٰبَ ﴿٣٦﴾

37. Emizileni yasemazulwini, ngikhone ukulunguza lona okhonzwa nguMusa, belu ngicabanga ukuthi unamanga. Wenzela kuhle kanjalo uFirawuni ububi bezenzo zakhe futhi wavinjwa endleleni eqondile. Futhi iqhinga lika Firawuni liyobhubha.

أَسْبَٰبَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ فَأَطَّلِعَ إِلَىٰٓ إِلَٰهِ مُوسَىٰ وَإِنِّى لَأَظُنُّهُۥ كَٰذِبًا ۚ وَكَذَٰلِكَ زُيِّنَ لِفِرْعَوْنَ سُوٓءُ عَمَلِهِۦ وَصُدَّ عَنِ ٱلسَّبِيلِ ۚ وَمَا كَيْدُ فِرْعَوْنَ إِلَّا فِى تَبَابٍ ﴿٣٧﴾

38. Wathi lona okholwayo: "Bantu bakithi, landelani mina ngizoniholela endleleni eqotho".

وَقَالَ ٱلَّذِىٓ ءَامَنَ يَٰقَوْمِ ٱتَّبِعُونِ أَهْدِكُمْ سَبِيلَ ٱلرَّشَادِ ﴿٣٨﴾

39. Bantu bakithi, le mpilo yasemhlabeni iyize kepha elizayo yilona indawo eyisizinda.

يَٰقَوْمِ إِنَّمَا هَٰذِهِ ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَا مَتَٰعٌ وَإِنَّ ٱلْءَاخِرَةَ هِىَ دَارُ ٱلْقَرَارِ ﴿٣٩﴾

40. Lowo owenza impambuko, uyothola umvuzo olingene yona, kuthi lowo wesilisa noma owesifazane owenza okulungileyo ebe engokholwayo, yilabo abayongena eJana bondliwe kuyo ngokungenamkhawulo.

مَنْ عَمِلَ سَيِّئَةً فَلَا يُجْزَىٰٓ إِلَّا مِثْلَهَا ۖ وَمَنْ عَمِلَ صَٰلِحًا مِّن ذَكَرٍ أَوْ أُنثَىٰ وَهُوَ مُؤْمِنٌ فَأُو۟لَٰٓئِكَ يَدْخُلُونَ ٱلْجَنَّةَ يُرْزَقُونَ فِيهَا بِغَيْرِ حِسَابٍ ﴿٤٠﴾

41. Futhi bantu bakithi, kungani uma nginibizela empumulelweni kepha nina ningibizela emlilweni.

* وَيَٰقَوْمِ مَا لِىٓ أَدْعُوكُمْ إِلَى ٱلنَّجَوٰةِ وَتَدْعُونَنِىٓ إِلَى ٱلنَّارِ ﴿٤١﴾

42. Ningibizela ekutheni ngingakholelwa ku Allah ngiphinde ngimbhanqe nalokho enginalwazi ngakho kulapho mina nginibizela kuSomandla Ongumthetheleli.

تَدْعُونَنِى لِأَكْفُرَ بِٱللَّهِ وَأُشْرِكَ بِهِۦ مَا لَيْسَ لِى بِهِۦ عِلْمٌ وَأَنَا۠ أَدْعُوكُمْ إِلَى ٱلْعَزِيزِ ٱلْغَفَّٰرِ ﴿٤٢﴾

43. Kuyiqiniso ukuthi lokhu eningibizela kukho akufanele ukumenyelwa [kukho] emhlabeni nakwelizayo nokuthi siyobuyela ku Allah nokuthi izephulamthetho ziyongena emlilweni.

لَا جَرَمَ أَنَّمَا تَدْعُونَنِىٓ إِلَيْهِ لَيْسَ لَهُۥ دَعْوَةٌ فِى ٱلدُّنْيَا وَلَا فِى ٱلْءَاخِرَةِ وَأَنَّ مَرَدَّنَآ إِلَى ٱللَّهِ وَأَنَّ ٱلْمُسْرِفِينَ هُمْ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ ﴿٤٣﴾

44. Nizokukhumbula lokhu enitshela kona; futhi ngibeka konke okwami ku Allah, impela u Allah Ukubona konke mayelana nezigqila.

فَسَتَذْكُرُونَ مَآ أَقُولُ لَكُمْ ۚ وَأُفَوِّضُ أَمْرِىٓ إِلَى ٱللَّهِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ بَصِيرٌۢ بِٱلْعِبَادِ ﴿٤٤﴾

45. U Allah wamvikela kububi balokho ababekuhlelile; futhi abantu bakaFirawuni bahaqwa isijeziso esibi.

فَوَقَىٰهُ ٱللَّهُ سَيِّـَٔاتِ مَا مَكَرُوا۟ وَحَاقَ بِـَٔالِ فِرْعَوْنَ سُوٓءُ ٱلْعَذَابِ ﴿٤٥﴾

46. Umlilo bayiswa kuwo njalo ekuseni nantambama; futhi ngosuku lapho kufika iSikhathi [kuyothiwa]: "Fakani abantu bakaFirawuni esijezisweni esinzima kunazo zonke".

ٱلنَّارُ يُعْرَضُونَ عَلَيْهَا غُدُوًّا وَعَشِيًّا ۚ وَيَوْمَ تَقُومُ ٱلسَّاعَةُ أَدْخِلُوٓا۟ ءَالَ فِرْعَوْنَ أَشَدَّ ٱلْعَذَابِ ﴿٤٦﴾

47. Landisa ngomhla lapho beyophikisana emlilweni, bayothi laba ababecindezelwe kulabo ababeziqhayisa: "Impela thina sasilandela nina, ingabe sikhona yini isabelo somlilo eningasisiza ngaso na?"

وَإِذْ يَتَحَآجُّونَ فِى ٱلنَّارِ فَيَقُولُ ٱلضُّعَفَٰٓؤُا۟ لِلَّذِينَ ٱسْتَكْبَرُوٓا۟ إِنَّا كُنَّا لَكُمْ تَبَعًا فَهَلْ أَنتُم مُّغْنُونَ عَنَّا نَصِيبًا مِّنَ ٱلنَّارِ ﴿٤٧﴾

48. Laba ababeziqhayisa bayothi: "Impela sonke sikuwo, impela u Allah usehlulele phakathi kwezigqila".

قَالَ ٱلَّذِينَ ٱسْتَكْبَرُوٓا۟ إِنَّا كُلٌّ فِيهَآ إِنَّ ٱللَّهَ قَدْ حَكَمَ بَيْنَ ٱلْعِبَادِ ﴿٤٨﴾

49. Futhi labo abasemlilweni bayothi kubaqhaphi baseJahanamu: "Sikhulekeleni eNkosini yenu isixegisele isijeziso usuku nje olulodwa".

وَقَالَ ٱلَّذِينَ فِى ٱلنَّارِ لِخَزَنَةِ جَهَنَّمَ ٱدْعُوا۟ رَبَّكُمْ يُخَفِّفْ عَنَّا يَوْمًا مِّنَ ٱلْعَذَابِ ﴿٤٩﴾

50. Ziyothi: "Kanti iZithunywa zenu azifikanga yini kini nobufakazi na". Bayothi: "Bafika". Ziyothi: "Zikhulekeleni; futhi umkhuleko wabangakholwa uyize".

قَالُوٓا۟ أَوَلَمْ تَكُ تَأْتِيكُمْ رُسُلُكُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ ۖ قَالُوا۟ بَلَىٰ ۚ قَالُوا۟ فَٱدْعُوا۟ ۗ وَمَا دُعَٰٓؤُا۟ ٱلْكَٰفِرِينَ إِلَّا فِى ضَلَٰلٍ ﴿٥٠﴾

51. Impela Thina siyosiza iZithunywa zeThu nalabo abakholwayo empilweni yasemhlabeni nangosuku lapho ofakazi beyosukuma [bafakaze].

إِنَّا لَنَنصُرُ رُسُلَنَا وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا وَيَوْمَ يَقُومُ ٱلْأَشْهَٰدُ ﴿٥١﴾

يَوْمَ لَا يَنفَعُ ٱلظَّٰلِمِينَ مَعْذِرَتُهُمْ ۖ وَلَهُمُ ٱللَّعْنَةُ وَلَهُمْ سُوٓءُ ٱلدَّارِ ﴿٥٢﴾

52. Ngosuku lapho abaphambukile izizaba zabo zingeke zabasiza ngalutho; futhi bayothola isiqalekiso nendawo embi [umlilo].

وَلَقَدْ ءَاتَيْنَا مُوسَى ٱلْهُدَىٰ وَأَوْرَثْنَا بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ٱلْكِتَٰبَ ﴿٥٣﴾

53. Futhi impela sanika uMusa ukuholeka sashiya isizwe sakwa Isirayeli iNcwadi.

هُدًى وَذِكْرَىٰ لِأُو۟لِى ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿٥٤﴾

54. Ukuze ibe umholi nesikhumbuzo kulabo abakhaliphile.

فَٱصْبِرْ إِنَّ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقٌّ وَٱسْتَغْفِرْ لِذَنۢبِكَ وَسَبِّحْ بِحَمْدِ رَبِّكَ بِٱلْعَشِىِّ وَٱلْإِبْكَٰرِ ﴿٥٥﴾

55. Ngakho-ke bekezela; impela isithembiso sika Allah siyiqiniso, futhi ucele intethelelelo yezimpambuko zakho futhi ubababaze udumo lweNkosi yakho ntambama nasekuseni.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يُجَٰدِلُونَ فِىٓ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ بِغَيْرِ سُلْطَٰنٍ أَتَىٰهُمْ إِن فِى صُدُورِهِمْ إِلَّا كِبْرٌ مَّا هُم بِبَٰلِغِيهِ ۚ فَٱسْتَعِذْ بِٱللَّهِ ۖ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْبَصِيرُ ﴿٥٦﴾

56. Impela laba abaphikisana ngemibiko ka Allah benganabufakazi obafika kubo; ezinhlizweni zabo kunogqabho futhi abasoze balufeza; ngakho-ke zivikele ngo Allah, impela Yena ungoZwayo Obonayo.

لَخَلْقُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ أَكْبَرُ مِنْ خَلْقِ ٱلنَّاسِ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٥٧﴾

57. Impela ukudalwa kwamazulu nomhlaba kukhulu ukundlula ukudalwa kwabantu, kodwa iningi labantu alazi.

وَمَا يَسْتَوِى ٱلْأَعْمَىٰ وَٱلْبَصِيرُ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ وَلَا ٱلْمُسِىٓـُٔ ۚ قَلِيلًا مَّا تَتَذَكَّرُونَ ﴿٥٨﴾

58. Futhi impumputhe nobonayo abafani ngokunjalo labo abenza okulungiyelo nabenza okubi; kepha anivamile ukulalela.

إِنَّ ٱلسَّاعَةَ لَآتِيَةٌ لَّا رَيْبَ فِيهَا
وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿٥٩﴾

59. Impela iSikhathi siyeza akunakungabaza ngaso, kepha iningi labantu abakholwa.

وَقَالَ رَبُّكُمُ ٱدْعُونِىٓ أَسْتَجِبْ لَكُمْ ۚ
إِنَّ ٱلَّذِينَ يَسْتَكْبِرُونَ عَنْ عِبَادَتِى
سَيَدْخُلُونَ جَهَنَّمَ دَاخِرِينَ ﴿٦٠﴾

60. Futhi iNkosi yenu yithi: "Khulekani kiMi ngizoniphendula; impela labo abazigqajayo ukungikhonza, bayongena eJahanamu behlazekile".

ٱللَّهُ ٱلَّذِى جَعَلَ لَكُمُ ٱلَّيْلَ لِتَسْكُنُوا۟ فِيهِ وَٱلنَّهَارَ مُبْصِرًا ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَذُو فَضْلٍ عَلَى ٱلنَّاسِ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَشْكُرُونَ ﴿٦١﴾

61. U Allah unenzele ubusuku ukuba niphumule kuwo, imini yakhanya; impela u Allah unomusa kubantu kodwa iningi labantu alibongi.

ذَٰلِكُمُ ٱللَّهُ رَبُّكُمْ خَٰلِقُ كُلِّ شَىْءٍ لَّآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ۖ فَأَنَّىٰ تُؤْفَكُونَ ﴿٦٢﴾

62. Loyo ngu Allah iNkosi yenu, uMdali wezinto zonke; akekho okufanele akhonzwe ngaphandle kwaKhe; pho nidukiswa yini na?

كَذَٰلِكَ يُؤْفَكُ ٱلَّذِينَ كَانُوا۟ بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ يَجْحَدُونَ ﴿٦٣﴾

63. Badukiswa kanjalo labo abaphika imibiko yeThu.

ٱللَّهُ ٱلَّذِى جَعَلَ لَكُمُ ٱلْأَرْضَ قَرَارًا وَٱلسَّمَآءَ بِنَآءً وَصَوَّرَكُمْ فَأَحْسَنَ صُوَرَكُمْ وَرَزَقَكُم مِّنَ ٱلطَّيِّبَٰتِ ۚ ذَٰلِكُمُ ٱللَّهُ رَبُّكُمْ ۖ فَتَبَارَكَ ٱللَّهُ رَبُّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٦٤﴾

64. NguYena u Allah onenzele umhlaba waba yisizinda kwathi isibhakabhaka saba uphahla. Futhi wanibumba, wanenza naba bahle waphinde wanondla ngalokho okumsulwa. Loyo ngu Allah iNkosi yenu; u Allah ungcwele iNkosi yendalo yonke.

هُوَ ٱلْحَىُّ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ فَٱدْعُوهُ مُخْلِصِينَ لَهُ ٱلدِّينَ ۗ ٱلْحَمْدُ لِلَّهِ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٦٥﴾

65. UngoPhilayo, akekho okufanele akhonzwe ngaphandle kwaKhe, ngakho-ke khonzani Yena yedwa ngobumsulwa; udumo ngoluka Allah iNkosi yendalo yonke.

66. Yithi: "Nginqatshelwe ukukhonza lokhu enikukhonzayo ngaphandle kuka Allah emuva kokuba sengithole ubufakazi obuvela eNkosini yami futhi ngiyalelwe ukuba ngizinikele eNkosini yendalo yonke".

* قُلْ إِنِّى نُهِيتُ أَنْ أَعْبُدَ ٱلَّذِينَ تَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ لَمَّا جَآءَنِىَ ٱلْبَيِّنَٰتُ مِن رَّبِّى وَأُمِرْتُ أَنْ أُسْلِمَ لِرَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٦٦﴾

67. NguYena lona owanidala ngobumba emuva kwalokho ngesidoda nangehlulu wase wanikhipha ningamaswana nase niyakhula naphelela nase naguga – kunalabo phakathi kwenu abashona ngaphambi kwalokho – bese nifika esikhathini esibekiwe ukuze niqondisise.

هُوَ ٱلَّذِى خَلَقَكُم مِّن تُرَابٍ ثُمَّ مِن نُّطْفَةٍ ثُمَّ مِنْ عَلَقَةٍ ثُمَّ يُخْرِجُكُمْ طِفْلًا ثُمَّ لِتَبْلُغُوٓاْ أَشُدَّكُمْ ثُمَّ لِتَكُونُواْ شُيُوخًا ۚ وَمِنكُم مَّن يُتَوَفَّىٰ مِن قَبْلُ ۖ وَلِتَبْلُغُوٓاْ أَجَلًا مُّسَمًّى وَلَعَلَّكُمْ تَعْقِلُونَ ﴿٦٧﴾

68. NguYena oletha ukuphila nokufa; futhi uma enquma ukwenza noma yini uvane athi: "Yenzeka", bese kuyenzeka.

هُوَ ٱلَّذِى يُحْىِۦ وَيُمِيتُ ۖ فَإِذَا قَضَىٰٓ أَمْرًا فَإِنَّمَا يَقُولُ لَهُۥ كُن فَيَكُونُ ﴿٦٨﴾

69. Ubabonile laba abaphikisana ngemibiko ka Allah; badukiswa kanjani?

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ يُجَٰدِلُونَ فِىٓ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ أَنَّىٰ يُصْرَفُونَ ﴿٦٩﴾

70. Labo abaphika iNcwadi nalokho esikuthumele neZithunywa zeThu; kodwa bayokwazi.

ٱلَّذِينَ كَذَّبُواْ بِٱلْكِتَٰبِ وَبِمَآ أَرْسَلْنَا بِهِۦ رُسُلَنَا ۖ فَسَوْفَ يَعْلَمُونَ ﴿٧٠﴾

71. Mhla amasongo esesemiqaleni yabo namaketango bedonswa.

إِذِ ٱلْأَغْلَٰلُ فِىٓ أَعْنَاقِهِمْ وَٱلسَّلَٰسِلُ يُسْحَبُونَ ﴿٧١﴾

72. Besiwa emanzini abilayo bese bengqongqiswa emlilweni.

فِى ٱلْحَمِيمِ ثُمَّ فِى ٱلنَّارِ يُسْجَرُونَ ﴿٧٢﴾

73. Bese kuthiwa kubo: "Kuphi lokhu ebenikukhonza".

ثُمَّ قِيلَ لَهُمْ أَيْنَ مَا كُنتُمْ تُشْرِكُونَ ﴿٧٣﴾

مِن دُونِ ٱللَّهِ ۖ قَالُوا۟ ضَلُّوا۟ عَنَّا بَل لَّمْ
نَكُن نَّدْعُوا۟ مِن قَبْلُ شَيْـًٔا ۚ كَذَٰلِكَ
يُضِلُّ ٱللَّهُ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٧٤﴾

74. Ngaphandle kuka Allah; bayothi: "Kusidukele, empeleni besinakhonzi lutho phambilini". Uyobadukisa kanjalo u Allah labo abangakholwa.

ذَٰلِكُم بِمَا كُنتُمْ تَفْرَحُونَ فِى ٱلْأَرْضِ
بِغَيْرِ ٱلْحَقِّ وَبِمَا كُنتُمْ تَمْرَحُونَ ﴿٧٥﴾

75. Lokho kungenxa yokujabula kwenu ngokungemthetho emhlabeni nangokuziqhayisa kwenu.

ٱدْخُلُوٓا۟ أَبْوَٰبَ جَهَنَّمَ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۖ
فَبِئْسَ مَثْوَى ٱلْمُتَكَبِّرِينَ ﴿٧٦﴾

76. Ngenani eminyangweni yaseJahanamu nihlalekuyo unaphakade; yaze yayimbi indawo yabaziqhayisayo.

فَٱصْبِرْ إِنَّ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقٌّ ۚ فَإِمَّا نُرِيَنَّكَ
بَعْضَ ٱلَّذِى نَعِدُهُمْ أَوْ نَتَوَفَّيَنَّكَ فَإِلَيْنَا
يُرْجَعُونَ ﴿٧٧﴾

77. Ngakho-ke, bekezela, impela isethembiso sika Allah siyiqiniso. Singakubonisa lokho esibathembise kona noma sithathe impilo, niyobuyela kithi.

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا رُسُلًا مِّن قَبْلِكَ مِنْهُم
مَّن قَصَصْنَا عَلَيْكَ وَمِنْهُم مَّن لَّمْ
نَقْصُصْ عَلَيْكَ ۗ وَمَا كَانَ لِرَسُولٍ أَن
يَأْتِىَ بِـَٔايَةٍ إِلَّا بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۚ فَإِذَا جَآءَ
أَمْرُ ٱللَّهِ قُضِىَ بِٱلْحَقِّ وَخَسِرَ هُنَالِكَ
ٱلْمُبْطِلُونَ ﴿٧٨﴾

78. Futhi impela sathumela iZithunywa ngaphambi kwakho; kunalezo esikulandisa ngazo kube nalezo esingakulandisanga ngazo. Futhi angeke iSithunywa silethe isibonakaliso ngaphandle kwemvumo ka Allah. Futhi kuyothi uma usufikile umyalelo ka Allah, kuyohlulelwa ngeqiniso, abanamanga bayolahlekelwa khona lapho.

ٱللَّهُ ٱلَّذِى جَعَلَ لَكُمُ ٱلْأَنْعَٰمَ لِتَرْكَبُوا۟
مِنْهَا وَمِنْهَا تَأْكُلُونَ ﴿٧٩﴾

79. NguYena u Allah lona onidalele imfuyo ukuze niyigibele niphinde nidle kuyo.

وَلَكُمْ فِيهَا مَنَٰفِعُ وَلِتَبْلُغُوا۟ عَلَيْهَا حَاجَةً فِى صُدُورِكُمْ وَعَلَيْهَا وَعَلَى ٱلْفُلْكِ تُحْمَلُونَ ﴿٨٠﴾

80. Futhi nithola izinsizakalo kuyo – futhi ukuze nifeze isidingo esisezinhlizweni zenu futhi nigitshezwa kuyo nasemkhunjini.

وَيُرِيكُمْ ءَايَٰتِهِۦ فَأَىَّ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ تُنكِرُونَ ﴿٨١﴾

81. Futhi unibonisa izibonakaliso zaKhe; pho yiziphi izibonakaliso zika Allah enizoziphika.

أَفَلَمْ يَسِيرُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ فَيَنظُرُوا۟ كَيْفَ كَانَ عَٰقِبَةُ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۚ كَانُوٓا۟ أَكْثَرَ مِنْهُمْ وَأَشَدَّ قُوَّةً وَءَاثَارًا فِى ٱلْأَرْضِ فَمَآ أَغْنَىٰ عَنْهُم مَّا كَانُوا۟ يَكْسِبُونَ ﴿٨٢﴾

82. Ingabe abahambanga yini ezweni babheke ukuthi sabanjani isiphetho salabo ababandulela. Babenamandla ukundlula bona namagugu emhlabeni ukundlula bona. Kepha akubasizanga ngalutho lokho ababekwenza.

فَلَمَّا جَآءَتْهُمْ رُسُلُهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَرِحُوا۟ بِمَا عِندَهُم مِّنَ ٱلْعِلْمِ وَحَاقَ بِهِم مَّا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٨٣﴾

83. Kuthe uma iZithunywa zabo zifika kubo nobufakazi, bajabula ngolwazi ababenalo; kwase kubahaqa lokhu ababehlekisa ngakho.

فَلَمَّا رَأَوْا۟ بَأْسَنَا قَالُوٓا۟ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ وَحْدَهُۥ وَكَفَرْنَا بِمَا كُنَّا بِهِۦ مُشْرِكِينَ ﴿٨٤﴾

84. Kuthe uma bebona isijeziso seThu bathi: "Siyakholelwa ku Allah yena yedwa futhi asisakholelwa kulokho ebesikubhangqa naYe".

فَلَمْ يَكُ يَنفَعُهُمْ إِيمَٰنُهُمْ لَمَّا رَأَوْا۟ بَأْسَنَا ۖ سُنَّتَ ٱللَّهِ ٱلَّتِى قَدْ خَلَتْ فِى عِبَادِهِۦ ۖ وَخَسِرَ هُنَالِكَ ٱلْكَٰفِرُونَ ﴿٨٥﴾

85. Kepha ukukholwa kwabo lapho bebona isijeziso angeke kubasize; kuyinkambiso ka Allah nakuzigqila zaKhe esezandlula; bayolahlekelwa khona lapho abangakholwa.

(41) SURA FUSWILATI KUCACISIWE

سُورَةُ فُصِّلَتْ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ha-Mim.

حمٓ ﴿١﴾

2. Ukwembulela okuvela koNomusa Onesihawu.

تَنزِيلٌ مِّنَ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ ﴿٢﴾

3. iNcwadi omibiko yayo icacisiwe eyiKurani yesi Arabhu kubantu abanolwazi.

كِتَٰبٌ فُصِّلَتْ ءَايَٰتُهُۥ قُرْءَانًا عَرَبِيًّا لِّقَوْمٍ يَعْلَمُونَ ﴿٣﴾

4. Yethula izindaba ezinhle futhi iyexwayisa; kepha iningi labo liyishaye indiva abafuni ukulalela.

بَشِيرًا وَنَذِيرًا فَأَعْرَضَ أَكْثَرُهُمْ فَهُمْ لَا يَسْمَعُونَ ﴿٤﴾

5. Futhi bathi: "Izinhliziyo zethu zivalekile kulokho osimemela kukho futhi izindlebe zethu azizwa futhi phakathi kwethu nawe kunesithiyo; ngakho-ke yenza [okwenzayo] nathi siyenza".

وَقَالُوا۟ قُلُوبُنَا فِىٓ أَكِنَّةٍ مِّمَّا تَدْعُونَآ إِلَيْهِ وَفِىٓ ءَاذَانِنَا وَقْرٌ وَمِنۢ بَيْنِنَا وَبَيْنِكَ حِجَابٌ فَٱعْمَلْ إِنَّنَا عَٰمِلُونَ ﴿٥﴾

6. Yithi: "Mina ngingumuntu nje ofana nani, kwembulelwe kimi ukuthi okumele nimkhonze uyedwa nje vo, ngakho-ke yibani qotho kuYe futhi nicele kuYe intethelelo. Futhi imbubhiso ikulabo ababhangqayo".

قُلْ إِنَّمَآ أَنَا۠ بَشَرٌ مِّثْلُكُمْ يُوحَىٰٓ إِلَىَّ أَنَّمَآ إِلَٰهُكُمْ إِلَٰهٌ وَٰحِدٌ فَٱسْتَقِيمُوٓا۟ إِلَيْهِ وَٱسْتَغْفِرُوهُ ۗ وَوَيْلٌ لِّلْمُشْرِكِينَ ﴿٦﴾

ٱلَّذِينَ لَا يُؤْتُونَ ٱلزَّكَوٰةَ وَهُم بِٱلْءَاخِرَةِ هُمْ كَٰفِرُونَ ﴿٧﴾

7. Labo abangayikhiphi izakati futhi abangakholelwa kwelizayo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَهُمْ أَجْرٌ غَيْرُ مَمْنُونٍ ﴿٨﴾

8. Impela labo abakholwayo nabenza okulungileyo bayothola umvuzo ongenamkhawulo.

* قُلْ أَئِنَّكُمْ لَتَكْفُرُونَ بِٱلَّذِى خَلَقَ ٱلْأَرْضَ فِى يَوْمَيْنِ وَتَجْعَلُونَ لَهُۥٓ أَندَادًا ۚ ذَٰلِكَ رَبُّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٩﴾

9. Yithi: "Ingabe anikholelwa kuLowo odale umhlaba ezinsukwini ezimbili futhi namqokela izimbangi na? Loyo iNkosi yendalo yonke".

وَجَعَلَ فِيهَا رَوَٰسِىَ مِن فَوْقِهَا وَبَٰرَكَ فِيهَا وَقَدَّرَ فِيهَآ أَقْوَٰتَهَا فِىٓ أَرْبَعَةِ أَيَّامٍ سَوَآءً لِّلسَّآئِلِينَ ﴿١٠﴾

10. Wafaka phezu kwawo izikhonkwane [izintaba] futhi wafaka izibusiso kuwo waphinde waba kuwo isondlo sawo ezinsukwini ezine – [ukwazisa] labo ababuzayo, kuyefana [akuguquki].

ثُمَّ ٱسْتَوَىٰٓ إِلَى ٱلسَّمَآءِ وَهِىَ دُخَانٌ فَقَالَ لَهَا وَلِلْأَرْضِ ٱئْتِيَا طَوْعًا أَوْ كَرْهًا قَالَتَآ أَتَيْنَا طَآئِعِينَ ﴿١١﴾

11. Wabe esephendukela ezulwini lisaseyintuthu, wathi kuwo nomhlaba: "Wozani [nibe khona] ngokuthanda noma ngenkani". Athi: "Siza ngokuthanda".

فَقَضَىٰهُنَّ سَبْعَ سَمَٰوَاتٍ فِى يَوْمَيْنِ وَأَوْحَىٰ فِى كُلِّ سَمَآءٍ أَمْرَهَا ۚ وَزَيَّنَّا ٱلسَّمَآءَ ٱلدُّنْيَا بِمَصَٰبِيحَ وَحِفْظًا ۚ ذَٰلِكَ تَقْدِيرُ ٱلْعَزِيزِ ٱلْعَلِيمِ ﴿١٢﴾

12. Wabe eselenza amazulu ayisikhombisa ezinsukwini ezimbili, wembulela kulelo nalelo zulu umyalelo walo. Futhi sahlobisa isibhakabhaka ngezibani nokuthi zibe isivikelo. Lokho ukuhlela kukaSomandla Owaziyo.

فَإِنْ أَعْرَضُوا۟ فَقُلْ أَنذَرْتُكُمْ صَٰعِقَةً مِّثْلَ صَٰعِقَةِ عَادٍ وَثَمُودَ ﴿١٣﴾

13. Uma bengenandaba, yithi: "Nginixwayiswa ngembubhiso [eshaqa konke] efana nembubhiso yabakwa AdinoTamudi.

إِذْ جَآءَتْهُمُ ٱلرُّسُلُ مِنۢ بَيْنِ أَيْدِيهِمْ وَمِنْ خَلْفِهِمْ أَلَّا تَعْبُدُوٓاْ إِلَّا ٱللَّهَ ۖ قَالُواْ لَوْ شَآءَ رَبُّنَا لَأَنزَلَ مَلَٰٓئِكَةً فَإِنَّا بِمَآ أُرْسِلْتُم بِهِۦ كَٰفِرُونَ ﴿١٤﴾

14. Mhla iZithunywa zabo zifika kubo ngaphambi nasemuva kwabo [zilandelana], [zithi]: "Ningakhonzi lutho ngaphandle kuka Allah". Bathi: "Ukube u Allah ubethanda ngabe uthumele izingelosi; impela thina asikholelwa kulokho ezithunywe nakho".

فَأَمَّا عَادٌ فَٱسْتَكْبَرُواْ فِى ٱلْأَرْضِ بِغَيْرِ ٱلْحَقِّ وَقَالُواْ مَنْ أَشَدُّ مِنَّا قُوَّةً ۖ أَوَلَمْ يَرَوْاْ أَنَّ ٱللَّهَ ٱلَّذِى خَلَقَهُمْ هُوَ أَشَدُّ مِنْهُمْ قُوَّةً ۖ وَكَانُواْ بِـَٔايَٰتِنَا يَجْحَدُونَ ﴿١٥﴾

15. Mayelana no Adi, bona baziqhayisa ezweni ngokungemthetho futhi bathi: "Ubani onamandla ukudlula thina na?" Ingabe ababoni yini ukuthi u Allah lona obadalile nguYena onamandla ukudlula bona; futhi babephika imibiko yeThu.

فَأَرْسَلْنَا عَلَيْهِمْ رِيحًا صَرْصَرًا فِىٓ أَيَّامٍ نَّحِسَاتٍ لِّنُذِيقَهُمْ عَذَابَ ٱلْخِزْىِ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۖ وَلَعَذَابُ ٱلْءَاخِرَةِ أَخْزَىٰ ۖ وَهُمْ لَا يُنصَرُونَ ﴿١٦﴾

16. Sathumela kubo umoya oyisivunguvungu ezinsukwini ezimbi, ukuze sibazwise isijeziso esihlazanayo empilweni yasemhlabeni; futhi isijeziso sakwelizayo sihlazisana kakhulu, futhi abayikusizwa.

وَأَمَّا ثَمُودُ فَهَدَيْنَٰهُمْ فَٱسْتَحَبُّواْ ٱلْعَمَىٰ عَلَى ٱلْهُدَىٰ فَأَخَذَتْهُمْ صَٰعِقَةُ ٱلْعَذَابِ ٱلْهُونِ بِمَا كَانُواْ يَكْسِبُونَ ﴿١٧﴾

17. Mayelana noTamudi, sabahola kepha bona bathanda ubumpumputhe kunokuholeka base-ke behlaselwa imbubhiso yesijeziso esihlazanayo ngenxa yalokho ababekwenza.

وَنَجَّيْنَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَكَانُواْ يَتَّقُونَ ﴿١٨﴾

18. Futhi sabahlenga laba ababekholwa futhi ababethobela u Allah.

وَيَوْمَ يُحْشَرُ أَعْدَآءُ ٱللَّهِ إِلَى ٱلنَّارِ فَهُمْ يُوزَعُونَ ﴿١٩﴾

19. Futhi ngosuku lapho izitha zika Allah ziyobuthaniswa emlilweni futhi bayoqhutshwa.

حَتَّىٰٓ إِذَا مَا جَآءُوهَا شَهِدَ عَلَيْهِمْ سَمْعُهُمْ وَأَبْصَٰرُهُمْ وَجُلُودُهُم بِمَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٢٠﴾

20. Kuyothi uma sebefike kuwo, izindlebe zabo namehlo abo nezikhumba zabo ziyofakaza ngabo ngalokho ababekwenza.

وَقَالُوا۟ لِجُلُودِهِمْ لِمَ شَهِدتُّمْ عَلَيْنَا ۖ قَالُوٓا۟ أَنطَقَنَا ٱللَّهُ ٱلَّذِىٓ أَنطَقَ كُلَّ شَىْءٍ وَهُوَ خَلَقَكُمْ أَوَّلَ مَرَّةٍ وَإِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٢١﴾

21. Bayothi kuzikhumba zabo: "Kungani nifakaze ngathi na?". Ziyothi: "U Allah lona owenze yonke ikhulume, nguYena osenze sakhuluma". NguYe owanidala kwasekuqaleni futhi nizobuyela kuYe".

وَمَا كُنتُمْ تَسْتَتِرُونَ أَن يَشْهَدَ عَلَيْكُمْ سَمْعُكُمْ وَلَآ أَبْصَٰرُكُمْ وَلَا جُلُودُكُمْ وَلَٰكِن ظَنَنتُمْ أَنَّ ٱللَّهَ لَا يَعْلَمُ كَثِيرًا مِّمَّا تَعْمَلُونَ ﴿٢٢﴾

22. Futhi beningafihli [izimpambuko] ngoba nakhu izindlebe zenu namehlo enu nezikhumba zenu zizofakaza ngani; kodwa kungoba benicabanga ukuthi u Allah akakwazi okuningi kwenikwenzayo.

وَذَٰلِكُمْ ظَنُّكُمُ ٱلَّذِى ظَنَنتُم بِرَبِّكُمْ أَرْدَىٰكُمْ فَأَصْبَحْتُم مِّنَ ٱلْخَٰسِرِينَ ﴿٢٣﴾

23. Yilokho ebenikucabanga ngeNkosi yenu; unitshingile [emlilweni] naba ngabalahlekelwe.

فَإِن يَصْبِرُوا۟ فَٱلنَّارُ مَثْوًى لَّهُمْ ۖ وَإِن يَسْتَعْتِبُوا۟ فَمَا هُم مِّنَ ٱلْمُعْتَبِينَ ﴿٢٤﴾

24. Noma bengabekezela umlilo uyolokhu uyindawo yabo futhi uma becela elinye ithuba, abasoze banikwa elinye ithuba.

* وَقَيَّضْنَا لَهُمْ قُرَنَآءَ فَزَيَّنُوا۟ لَهُم مَّا بَيْنَ أَيْدِيهِمْ وَمَا خَلْفَهُمْ وَحَقَّ عَلَيْهِمُ ٱلْقَوْلُ فِىٓ أُمَمٍ قَدْ خَلَتْ مِن قَبْلِهِم مِّنَ ٱلْجِنِّ وَٱلْإِنسِ ۖ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ خَٰسِرِينَ ﴿٢٥﴾

25. Sabaqokela abalingani ababenzela kuhle lokhu okuphambi kwabo [impilo yasemhlabeni] nokusemuva kwabo [kwelizayo lapho besuka khona], futhi bafanelwa isinqumo esehlela izizwe

ezibandulelayo zamajini[1] nabantu; impela balahlekelwa.

26. Futhi laba abangakholwa bathi: "Ningayilaleli leKurani futhi nibange umsindo ukuze ninqobe".

27. Impela sizobazwisa laba abangakholwa isijeziso esibuhlungu futhi sizobanika umvuzo balokhu okubi ababekwenza.

28. Lowo umvuzo wezitha zika Allah, umlilo; uyoba indawo yabo yaphakade; kuwumvuzo wokuphika kwabo imibiko yeThu.

29. Futhi laba abangakholwa bayothi: "Nkosi yethu, sitshengise laba abasidukisile kumajini nabantu ukuze sizobafaka phansi kwezinyawo zethu ukuze badicileleke phansi".

30. Impela labo abathi: "iNkosi ngu Allah", bese bezimisela babeqotho, izingelosi ziyokwehlela kubo zithi: "Ningesabi ningakhathazeki, futhi nithakasele iJana lena enithenjiswe yona".

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَا تَسۡمَعُواْ لِهَٰذَا ٱلۡقُرۡءَانِ وَٱلۡغَوۡاْ فِيهِ لَعَلَّكُمۡ تَغۡلِبُونَ ٢٦

فَلَنُذِيقَنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ عَذَابٗا شَدِيدٗا وَلَنَجۡزِيَنَّهُمۡ أَسۡوَأَ ٱلَّذِي كَانُواْ يَعۡمَلُونَ ٢٧

ذَٰلِكَ جَزَآءُ أَعۡدَآءِ ٱللَّهِ ٱلنَّارُۖ لَهُمۡ فِيهَا دَارُ ٱلۡخُلۡدِۖ جَزَآءَۢ بِمَا كَانُواْ بِـَٔايَٰتِنَا يَجۡحَدُونَ ٢٨

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ رَبَّنَآ أَرِنَا ٱلَّذَيۡنِ أَضَلَّانَا مِنَ ٱلۡجِنِّ وَٱلۡإِنسِ نَجۡعَلۡهُمَا تَحۡتَ أَقۡدَامِنَا لِيَكُونَا مِنَ ٱلۡأَسۡفَلِينَ ٢٩

إِنَّ ٱلَّذِينَ قَالُواْ رَبُّنَا ٱللَّهُ ثُمَّ ٱسۡتَقَٰمُواْ تَتَنَزَّلُ عَلَيۡهِمُ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةُ أَلَّا تَخَافُواْ وَلَا تَحۡزَنُواْ وَأَبۡشِرُواْ بِٱلۡجَنَّةِ ٱلَّتِي كُنتُمۡ تُوعَدُونَ ٣٠

1 lokhu kucacisa ukuthi amajini njengabantu ayizizukulwane ezilandelanayo. Lokhu-ke kuchitha lomqondo wokuthi amajini wonke aphila izimpilo ezinde kunabantu. Ngaphandle kuka Ibilisi yena owazicelela ukuphila kuze kufike uSuku lokwaHlulela, wanikwa lokhu ngu Allah uqobo ukuze abe izivivinyo kubantu namajini.

نَحْنُ أَوْلِيَآؤُكُمْ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا
وَفِى ٱلْءَاخِرَةِ ۖ وَلَكُمْ فِيهَا مَا تَشْتَهِىٓ
أَنفُسُكُمْ وَلَكُمْ فِيهَا مَا تَدَّعُونَ ﴿٣١﴾

31. Thina singabangani benu empilweni yasemhlabeni nakwelizayo; futhi niyothola kuyo noma yini eyihalelayo futhi niyothola kuyo noma yini enikufunayo.

نُزُلًا مِّنْ غَفُورٍ رَّحِيمٍ ﴿٣٢﴾

32. Isondlo esivela kuMthetheleli Onesihawu.

وَمَنْ أَحْسَنُ قَوْلًا مِّمَّن دَعَآ إِلَى
ٱللَّهِ وَعَمِلَ صَٰلِحًا وَقَالَ إِنَّنِى مِنَ
ٱلْمُسْلِمِينَ ﴿٣٣﴾

33. Futhi ngubani ongcono ngenkulumo kunalowo omemela ku Allah futhi owenza okulungileyo bese ethi: "ngiyiMusilimu".

وَلَا تَسْتَوِى ٱلْحَسَنَةُ وَلَا ٱلسَّيِّئَةُ ۚ ٱدْفَعْ
بِٱلَّتِى هِىَ أَحْسَنُ فَإِذَا ٱلَّذِى بَيْنَكَ
وَبَيْنَهُۥ عَدَٰوَةٌ كَأَنَّهُۥ وَلِىٌّ حَمِيمٌ ﴿٣٤﴾

34. Futhi okuhle nokubi akufani. Phindisela ngalokho okungcono. Uyobona lowo okunobutha phakathi kwakhe nawe, esengathi umngani omkhulu.

وَمَا يُلَقَّىٰهَآ إِلَّا ٱلَّذِينَ صَبَرُوا۟ وَمَا
يُلَقَّىٰهَآ إِلَّا ذُو حَظٍّ عَظِيمٍ ﴿٣٥﴾

35. Kutholwa yilabo ababekezelayo futhi kutholwa yilabo abanesabelo esikhulu.

وَإِمَّا يَنزَغَنَّكَ مِنَ ٱلشَّيْطَٰنِ نَزْغٌ
فَٱسْتَعِذْ بِٱللَّهِ ۖ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلسَّمِيعُ
ٱلْعَلِيمُ ﴿٣٦﴾

36. Uma ufikelwa isilingo esivela kuShayitani, zivikele ngo Allah; impela Yena ungoZwayo Owaziyo.

وَمِنْ ءَايَٰتِهِ ٱلَّيْلُ وَٱلنَّهَارُ وَٱلشَّمْسُ
وَٱلْقَمَرُ ۚ لَا تَسْجُدُوا۟ لِلشَّمْسِ وَلَا
لِلْقَمَرِ وَٱسْجُدُوا۟ لِلَّهِ ٱلَّذِى خَلَقَهُنَّ إِن
كُنتُمْ إِيَّاهُ تَعْبُدُونَ ﴿٣٧﴾

37. Futhi kwezinye izibonakaliso zaKhe, ubusuku nemini nelanga nenyanga; musanike ukukhothamela ilanga noma inyanga kepha khothamelani u Allah lona okudalile uma ngempela nikhonza Yena kuphela.

38. Uma beziqhayisa; labo-ke abaseNkosini yakho bayidumisa ubusuku nemini futhi abakhathali.

فَإِنِ ٱسْتَكْبَرُوا۟ فَٱلَّذِينَ عِندَ رَبِّكَ يُسَبِّحُونَ لَهُۥ بِٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ وَهُمْ لَا يَسْـَٔمُونَ ﴿٣٨﴾

39. Futhi kwezinye zezibonakaliso zaKhe, ukuthi ubone umhlaba ufile, kuthi lapho sesithele amanzi kuwo, uqhakaze ukhule. Impela lowo owuvuselele uyovusa abafileyo; impela Yena akehlulwa yilutho.

وَمِنْ ءَايَـٰتِهِۦٓ أَنَّكَ تَرَى ٱلْأَرْضَ خَـٰشِعَةً فَإِذَآ أَنزَلْنَا عَلَيْهَا ٱلْمَآءَ ٱهْتَزَّتْ وَرَبَتْ ۚ إِنَّ ٱلَّذِىٓ أَحْيَاهَا لَمُحْىِ ٱلْمَوْتَىٰٓ ۚ إِنَّهُۥ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٣٩﴾

40. Impela labo abaphambukayo emibikweni yeThu abafihlekile kithi. Ingabe lowo otshingelwa emlilweni ungcono yini kunalowo oyofika ephephile ngoSuku lokwahlulela na?; yenzani enikuthandayo, impela Yena Uyakubona lokho enikwenzayo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يُلْحِدُونَ فِىٓ ءَايَـٰتِنَا لَا يَخْفَوْنَ عَلَيْنَا ۗ أَفَمَن يُلْقَىٰ فِى ٱلنَّارِ خَيْرٌ أَم مَّن يَأْتِىٓ ءَامِنًا يَوْمَ ٱلْقِيَـٰمَةِ ۚ ٱعْمَلُوا۟ مَا شِئْتُمْ إِنَّهُۥ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٤٠﴾

41. Impela labo abangakholwa iSikhumbuzo [iKurani] lapho ifika kubo [bayojezisa]. Impela iyiNcwadi enamandla.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بِٱلذِّكْرِ لَمَّا جَآءَهُمْ ۖ وَإِنَّهُۥ لَكِتَـٰبٌ عَزِيزٌ ﴿٤١﴾

42. Akukho mbhedo ongafika kuyo ngaphambili noma ngemuva kwayo; yembulelwe Okhaliphile Odunyiswayo.

لَّا يَأْتِيهِ ٱلْبَـٰطِلُ مِنۢ بَيْنِ يَدَيْهِ وَلَا مِنْ خَلْفِهِۦ ۖ تَنزِيلٌ مِّنْ حَكِيمٍ حَمِيدٍ ﴿٤٢﴾

43. Akukho okushiwo kuwe okungashiwongo kuZithunywa ezikwandulelayo; impela iNkosi yakho inentethelelo futhi inesijeziso esibuhlungu.

مَّا يُقَالُ لَكَ إِلَّا مَا قَدْ قِيلَ لِلرُّسُلِ مِن قَبْلِكَ ۚ إِنَّ رَبَّكَ لَذُو مَغْفِرَةٍ وَذُو عِقَابٍ أَلِيمٍ ﴿٤٣﴾

44. Ukube sayenza kwaba iKurani ngolunye ulwimi, bebezothi: "Uma nje imibiko yayo ingacaciswa, olunye ulwimi nesi Arabhu [kanjani]?". Yithi: "Ingumholi kulabo abakholwayo nekhambi". Futhi laba abangakholwa, ezindlebenizabo kunehonqo futhi uma kufika kuyo bayizimpumputhe. Yibo labo abayobizwa endaweni esekudeni.

وَلَوْ جَعَلْنَٰهُ قُرْءَانًا أَعْجَمِيًّا لَّقَالُوا۟ لَوْلَا فُصِّلَتْ ءَايَٰتُهُۥٓ ءَا۬عْجَمِىٌّ وَعَرَبِىٌّ ۗ قُلْ هُوَ لِلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ هُدًى وَشِفَآءٌ ۖ وَٱلَّذِينَ لَا يُؤْمِنُونَ فِىٓ ءَاذَانِهِمْ وَقْرٌ وَهُوَ عَلَيْهِمْ عَمًى ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ يُنَادَوْنَ مِن مَّكَانٍۭ بَعِيدٍ ﴿٤٤﴾

45. Impela sanika uMusa iNcwadi kepha kwaphikiswana ngayo. Ukube bekungekona ukuthi izwi elivela ku Allah seliphumile [lokunika isikhathi], ngabe sekuhlulelwe phakathi kwabo. Kepha bona banokungabaza abanasiqiniseko ngakho.

وَلَقَدْ ءَاتَيْنَا مُوسَى ٱلْكِتَٰبَ فَٱخْتُلِفَ فِيهِ ۗ وَلَوْلَا كَلِمَةٌ سَبَقَتْ مِن رَّبِّكَ لَقُضِىَ بَيْنَهُمْ ۚ وَإِنَّهُمْ لَفِى شَكٍّ مِّنْهُ مُرِيبٍ ﴿٤٥﴾

46. Lowo owenza okulungileyo uzisiza yena futhi lowo owenza okubi uzilaya yena; futhi iNkosi yakhe ayisoze yenza okungebulungiswa kusigqila.

مَّنْ عَمِلَ صَٰلِحًا فَلِنَفْسِهِۦ ۖ وَمَنْ أَسَآءَ فَعَلَيْهَا ۗ وَمَا رَبُّكَ بِظَلَّٰمٍ لِّلْعَبِيدِ ﴿٤٦﴾

47. Ulwazi lweSikhathi lubuyiselwa kuYe. Futhi lezo zithelo eziphuma emakhasini azo, nalokho okukhulelwa owesifazane nalokho akuzalayo kwenzeka ngoLwazi lwaKhe. Futhi ngokusu lapho eyobamemeza athi: "Baphi abalingani baMi na?". Bayothi: "Sikutshelile ukuthi akekho kithi ofakazela [lokho]".

* إِلَيْهِ يُرَدُّ عِلْمُ ٱلسَّاعَةِ ۚ وَمَا تَخْرُجُ مِن ثَمَرَٰتٍ مِّنْ أَكْمَامِهَا وَمَا تَحْمِلُ مِنْ أُنثَىٰ وَلَا تَضَعُ إِلَّا بِعِلْمِهِۦ ۚ وَيَوْمَ يُنَادِيهِمْ أَيْنَ شُرَكَآءِى قَالُوٓا۟ ءَاذَنَّٰكَ مَا مِنَّا مِن شَهِيدٍ ﴿٤٧﴾

48. Kwabadukela lokho ababekukhonza phambilini futhi baqinisekiseka ukuthi angeke bakwazi ukubaleka.

49. Umuntu akadinwa ukukhulekela okuhle, kepha uma ehlelwa okubi, uvele aphelelwe nya ithemba.

50. Uma sizwisa umuntu umusa ovela kithi emuva kokwehlelwa ubunzima, uvele athi: "Lokhu okwami futhi angicabangi ukuthi iSikhathi [sokwaHlulelwa] siyofika, futhi uma ngibuyela eNkosini yami, impela ngiyothola okuhle". Sizokwazisa labo abangakholwa ngalokho ababekwenza futhi sizobazwisa isijeziso esibuhlungu.

51. Futhi uma senzela umuntu umusa uyafulathela ashaye indiva, kepha uma ehlelwa okubi wenza umkhuleko omude.

52. Yithi: "Ake ningitshele, uma ivela ku Allah kepha nina nangayikholwa; ngubani oduke ukundlula lowo ophambukele kude le?"

53. Sizobabonisa izibonakaliso zeThu kwimiphelamehlo nakubo uqobo kuze kubacacele ukuthi iyiqiniso. Ingabe akwanele yini ukuthi iNkosi iyibona yonke into na?

54. Bheka! Impela banokungabaza ngokuhlangana neNkosi yabo. Bheka! Impela yona yengamele yonke into.

وَضَلَّ عَنْهُم مَّا كَانُوا۟ يَدْعُونَ مِن قَبْلُ ۖ
وَظَنُّوا۟ مَا لَهُم مِّن مَّحِيصٍ ﴿٤٨﴾

لَّا يَسْـَٔمُ ٱلْإِنسَـٰنُ مِن دُعَآءِ ٱلْخَيْرِ وَإِن
مَّسَّهُ ٱلشَّرُّ فَيَـُٔوسٌ قَنُوطٌ ﴿٤٩﴾

وَلَئِنْ أَذَقْنَـٰهُ رَحْمَةً مِّنَّا مِنۢ بَعْدِ ضَرَّآءَ
مَسَّتْهُ لَيَقُولَنَّ هَـٰذَا لِى وَمَآ أَظُنُّ
ٱلسَّاعَةَ قَآئِمَةً وَلَئِن رُّجِعْتُ إِلَىٰ رَبِّىٓ
إِنَّ لِى عِندَهُۥ لَلْحُسْنَىٰ ۚ فَلَنُنَبِّئَنَّ ٱلَّذِينَ
كَفَرُوا۟ بِمَا عَمِلُوا۟ وَلَنُذِيقَنَّهُم مِّنْ
عَذَابٍ غَلِيظٍ ﴿٥٠﴾

وَإِذَآ أَنْعَمْنَا عَلَى ٱلْإِنسَـٰنِ أَعْرَضَ وَنَـَٔا
بِجَانِبِهِۦ وَإِذَا مَسَّهُ ٱلشَّرُّ فَذُو دُعَآءٍ
عَرِيضٍ ﴿٥١﴾

قُلْ أَرَءَيْتُمْ إِن كَانَ مِنْ عِندِ ٱللَّهِ ثُمَّ
كَفَرْتُم بِهِۦ مَنْ أَضَلُّ مِمَّنْ هُوَ فِى
شِقَاقٍۭ بَعِيدٍ ﴿٥٢﴾

سَنُرِيهِمْ ءَايَـٰتِنَا فِى ٱلْـَٔافَاقِ وَفِىٓ أَنفُسِهِمْ
حَتَّىٰ يَتَبَيَّنَ لَهُمْ أَنَّهُ ٱلْحَقُّ ۗ أَوَلَمْ يَكْفِ
بِرَبِّكَ أَنَّهُۥ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ شَهِيدٌ ﴿٥٣﴾

أَلَآ إِنَّهُمْ فِى مِرْيَةٍ مِّن لِّقَآءِ رَبِّهِمْ ۗ أَلَآ
إِنَّهُۥ بِكُلِّ شَىْءٍ مُّحِيطٌ ﴿٥٤﴾

(42) SURA SHURA
UKUBONISANA

سُورَةُ الشُّورَىٰ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ha-Mim.

حمٓ ﴿١﴾

2. Ayin-Sin-Kaf.

عٓسٓقٓ ﴿٢﴾

3. Wembulele ngokunjalo kuwe nakulabo abakwandulelayo u Allah onguSomandla Okhaliphile.

كَذَٰلِكَ يُوحِيٓ إِلَيْكَ وَإِلَى ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِكَ ٱللَّهُ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٣﴾

4. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe futhi nguYena Ophakeme Omkhulu.

لَهُۥ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ ۖ وَهُوَ ٱلْعَلِىُّ ٱلْعَظِيمُ ﴿٤﴾

5. Amazulu acishe aqhekeka alakanyelana. Futhi izingelosi zibabaza udumo lweNkosi yazo ziphinde zicelele abasemhlabeni intethelelo. Bheka ngoba impela u Allah unguMthetheleli Onesihawu.

تَكَادُ ٱلسَّمَٰوَٰتُ يَتَفَطَّرْنَ مِن فَوْقِهِنَّ ۚ وَٱلْمَلَٰٓئِكَةُ يُسَبِّحُونَ بِحَمْدِ رَبِّهِمْ وَيَسْتَغْفِرُونَ لِمَن فِى ٱلْأَرْضِ ۗ أَلَآ إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْغَفُورُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٥﴾

6. Futhi labo abaqoka abahlengi ngaphandle kwaKhe; u Allah nguYena obaqhaphile futhi wena awuyena umnakekeli wabo.

وَٱلَّذِينَ ٱتَّخَذُوا۟ مِن دُونِهِۦٓ أَوْلِيَآءَ ٱللَّهُ حَفِيظٌ عَلَيْهِمْ وَمَآ أَنتَ عَلَيْهِم بِوَكِيلٍ ﴿٦﴾

وَكَذَٰلِكَ أَوۡحَيۡنَآ إِلَيۡكَ قُرۡءَانًا عَرَبِيّٗا لِّتُنذِرَ أُمَّ ٱلۡقُرَىٰ وَمَنۡ حَوۡلَهَا وَتُنذِرَ يَوۡمَ ٱلۡجَمۡعِ لَا رَيۡبَ فِيهِۚ فَرِيقٞ فِي ٱلۡجَنَّةِ وَفَرِيقٞ فِي ٱلسَّعِيرِ ٧

7. Futhi ngokunjalo sembulele kuwe iKurani yesi Arabhu ukuze uxwayise abaseMakha nalabo abakhelene nabo nokuthi uxwayise ngosuku lukubuthana okungenakungabaza ngalo. Abanye bayongena eJana kuthi abanye bangene emlilweni.

وَلَوۡ شَآءَ ٱللَّهُ لَجَعَلَهُمۡ أُمَّةٗ وَٰحِدَةٗ وَلَٰكِن يُدۡخِلُ مَن يَشَآءُ فِي رَحۡمَتِهِۦۚ وَٱلظَّٰلِمُونَ مَا لَهُم مِّن وَلِيّٖ وَلَا نَصِيرٍ ٨

8. Futhi uma u Allah ethanda ebabenza babe senkolweni eyodwa; kodwa ufaka amthandayo emseni waKhe. Futhi labo abaphambukile abanaye umhlengi noma ongabasiza.

أَمِ ٱتَّخَذُواْ مِن دُونِهِۦٓ أَوۡلِيَآءَۖ فَٱللَّهُ هُوَ ٱلۡوَلِيُّ وَهُوَ يُحۡيِ ٱلۡمَوۡتَىٰ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَيۡءٖ قَدِيرٞ ٩

9. Kumbe baqoke abahlengi ngaphandle kwaKhe; u Allah nguYena uMhlengi futhi nguYena oyovusa abafileyo futhi akehlulwa yilutho.

وَمَا ٱخۡتَلَفۡتُمۡ فِيهِ مِن شَيۡءٖ فَحُكۡمُهُۥٓ إِلَى ٱللَّهِۚ ذَٰلِكُمُ ٱللَّهُ رَبِّي عَلَيۡهِ تَوَكَّلۡتُ وَإِلَيۡهِ أُنِيبُ ١٠

10. Futhi noma iyiphi into eniphikisana ngayo, isahlulelo sayo siku Allah. Lowo ngu Allah iNkosi yami, ngethembele kuYe futhi ngizilahla kuYe.

فَاطِرُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۚ جَعَلَ لَكُم مِّنۡ أَنفُسِكُمۡ أَزۡوَٰجٗا وَمِنَ ٱلۡأَنۡعَٰمِ أَزۡوَٰجٗا يَذۡرَؤُكُمۡ فِيهِۚ لَيۡسَ كَمِثۡلِهِۦ شَيۡءٞۖ وَهُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلۡبَصِيرُ ١١

11. UnguMdali wamazulu nomhlaba; unidalele abalingani bohlobo lwenu nasemfuyweni ngokunjalo; unidala kanjalo. Akukho lutho olufana naYe futhi ungoZwayo Obonayo.

لَهُۥ مَقَالِيدُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۖ يَبۡسُطُ ٱلرِّزۡقَ لِمَن يَشَآءُ وَيَقۡدِرُۚ إِنَّهُۥ بِكُلِّ شَيۡءٍ عَلِيمٞ ١٢

12. Izihluthulelo zasemazulwini nasemhlabeni ziphethwe nguYe; wabela ngenala amthandayo futhi answinye. Impela Wazi ngayo yonke into.

13. Unibekele enkolweni lokho ayalela ngakho uNuhu nalokho akwembulele kuwe nalokho esayalela ngakho u Ibhirahimu noMusa no Isa, okuthi: "Dlondlobalisani inkolo futhi ningaqembuki kuyo". Kunzima kulabo abakhonza izithixo lokhu enibamemela kukho. U Allah uziqokela Yena amthandayo futhi uholela kuYe lowo ozisolayo.

14. Futhi baqembuka kuphela emuva kokuba bathole ulwazi, ngenxa yenzondo phakathi kwabo. Futhi ukube bekungekho ngenxa yesinqume esiphuma eNkosini yakho sokulinda isikhathi esibekiwe, ngabe kade kwahlulelwa phakathi kwabo. Impela laba abasala neNcwadi emuva kwabo banokungabaza ngayo abanasiqiniseko.

15. Ngenxa yalokho-ke, mema [abantu ku Isilamu] ube qotho njengoba uyalelwe futhi ungalandeli izinkanuko zabo; futhi uthi: "Ngikholelwa kuleNcwadi u Allah ayembulele kimi futhi ngiyalelwe ukuba ngenze ubulungiswa phakathi kwenu. U Allah iNkosi yethu neNkosi yenu; thina sinezenzo zethu nani ninezenzo zenu, akukho ukuphikisana phakathi kwethu nani; u Allah uyosibuthanisa sonke futhi isiphetho sikuYe".

* شَرَعَ لَكُم مِّنَ ٱلدِّينِ مَا وَصَّىٰ
بِهِۦ نُوحًا وَٱلَّذِىٓ أَوۡحَيۡنَآ إِلَيۡكَ وَمَا
وَصَّيۡنَا بِهِۦٓ إِبۡرَٰهِيمَ وَمُوسَىٰ وَعِيسَىٰٓۖ
أَنۡ أَقِيمُواْ ٱلدِّينَ وَلَا تَتَفَرَّقُواْ فِيهِۚ كَبُرَ
عَلَى ٱلۡمُشۡرِكِينَ مَا تَدۡعُوهُمۡ إِلَيۡهِۚ ٱللَّهُ
يَجۡتَبِىٓ إِلَيۡهِ مَن يَشَآءُ وَيَهۡدِىٓ إِلَيۡهِ مَن
يُنِيبُ ١٣

وَمَا تَفَرَّقُوٓاْ إِلَّا مِنۢ بَعۡدِ مَا جَآءَهُمُ
ٱلۡعِلۡمُ بَغۡيَۢا بَيۡنَهُمۡۚ وَلَوۡلَا كَلِمَةٌ سَبَقَتۡ
مِن رَّبِّكَ إِلَىٰٓ أَجَلٖ مُّسَمّٗى لَّقُضِىَ بَيۡنَهُمۡۚ
وَإِنَّ ٱلَّذِينَ أُورِثُواْ ٱلۡكِتَٰبَ مِنۢ بَعۡدِهِمۡ
لَفِى شَكّٖ مِّنۡهُ مُرِيبٖ ١٤

فَلِذَٰلِكَ فَٱدۡعُۖ وَٱسۡتَقِمۡ كَمَآ أُمِرۡتَۖ وَلَا
تَتَّبِعۡ أَهۡوَآءَهُمۡۖ وَقُلۡ ءَامَنتُ بِمَآ أَنزَلَ
ٱللَّهُ مِن كِتَٰبٖۖ وَأُمِرۡتُ لِأَعۡدِلَ بَيۡنَكُمُۖ
ٱللَّهُ رَبُّنَا وَرَبُّكُمۡۖ لَنَآ أَعۡمَٰلُنَا وَلَكُمۡ
أَعۡمَٰلُكُمۡۖ لَا حُجَّةَ بَيۡنَنَا وَبَيۡنَكُمُۖ
ٱللَّهُ يَجۡمَعُ بَيۡنَنَاۖ وَإِلَيۡهِ ٱلۡمَصِيرُ ١٥

16. Futhi labo abaphikisana no Allah emuva kokuba sekukhona abamlalele [uMuhamadi], ubufakazi babo abuthi shu eNkosini yabo; futhi behlelwe ulaka kanti bayothola nesijeziso esinzima.

17. NguYena u Allah owembulele iNcwadi ngeqiniso nangobulungiswa. Futhi ungazi ngani, mhlawumbe iSikhathi [sokwahlulela] sesisondele.

18. Laba abangakholwa basijahile. Kepha alaba abakholwayo bayesesaba futhi bayazi ukuthi siyiqiniso. Bheka ngoba laba abaphikisana ngeSikhathi, impela badukele kude.

19. U Allah unesineke ngezigqila zaKhe; wondla amthandayo. Futhi ungoNamadla onguSomandla.

20. Lowo ofuna umvuzo wakwelizayo sizomandisela umvuzo wakhe, kanti lowo ofuna umvuzo wasemhlabeni sizomnikeza wona kepha kwelizayo akayikuba nasabelo.

21. Kumbe banezikhonzwa ezibabekele umthetho enkolweni ongagunyazwanga ngu Allah na?. Ukube bengekho ngenxa yesinqumo esiwumnqamulajuqu ngabe kade kwahlulelwa phakathi kwabo. Futhi impela abaphambukile bayothola isijeziso esibuhlungu.

وَٱلَّذِينَ يُحَآجُّونَ فِى ٱللَّهِ مِنۢ بَعۡدِ مَا ٱسۡتُجِيبَ لَهُۥ حُجَّتُهُمۡ دَاحِضَةٌ عِندَ رَبِّهِمۡ وَعَلَيۡهِمۡ غَضَبٞ وَلَهُمۡ عَذَابٞ شَدِيدٌ ١٦

ٱللَّهُ ٱلَّذِىٓ أَنزَلَ ٱلۡكِتَٰبَ بِٱلۡحَقِّ وَٱلۡمِيزَانَۗ وَمَا يُدۡرِيكَ لَعَلَّ ٱلسَّاعَةَ قَرِيبٞ ١٧

يَسۡتَعۡجِلُ بِهَا ٱلَّذِينَ لَا يُؤۡمِنُونَ بِهَاۖ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مُشۡفِقُونَ مِنۡهَا وَيَعۡلَمُونَ أَنَّهَا ٱلۡحَقُّۗ أَلَآ إِنَّ ٱلَّذِينَ يُمَارُونَ فِى ٱلسَّاعَةِ لَفِى ضَلَٰلِۭ بَعِيدٍ ١٨

ٱللَّهُ لَطِيفُۢ بِعِبَادِهِۦ يَرۡزُقُ مَن يَشَآءُۖ وَهُوَ ٱلۡقَوِىُّ ٱلۡعَزِيزُ ١٩

مَن كَانَ يُرِيدُ حَرۡثَ ٱلۡأٓخِرَةِ نَزِدۡ لَهُۥ فِى حَرۡثِهِۦۖ وَمَن كَانَ يُرِيدُ حَرۡثَ ٱلدُّنۡيَا نُؤۡتِهِۦ مِنۡهَا وَمَا لَهُۥ فِى ٱلۡأٓخِرَةِ مِن نَّصِيبٍ ٢٠

أَمۡ لَهُمۡ شُرَكَٰٓؤُاْ شَرَعُواْ لَهُم مِّنَ ٱلدِّينِ مَا لَمۡ يَأۡذَنۢ بِهِ ٱللَّهُۚ وَلَوۡلَا كَلِمَةُ ٱلۡفَصۡلِ لَقُضِىَ بَيۡنَهُمۡۗ وَإِنَّ ٱلظَّٰلِمِينَ لَهُمۡ عَذَابٌ أَلِيمٞ ٢١

تَرَى ٱلظَّٰلِمِينَ مُشْفِقِينَ مِمَّا كَسَبُوا۟
وَهُوَ وَاقِعٌۢ بِهِمْ ۗ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟
ٱلصَّٰلِحَٰتِ فِى رَوْضَاتِ ٱلْجَنَّٰتِ ۖ
لَهُم مَّا يَشَآءُونَ عِندَ رَبِّهِمْ ۚ ذَٰلِكَ هُوَ
ٱلْفَضْلُ ٱلْكَبِيرُ ﴿٢٢﴾

22. Uyobona abaphambukile bethukile ngenxa yabakwenzile, futhi nakanjani kuyobehlela [abakuvunile]. Labo abakholwayo ababenza okulungileyo bayoba kwizife sasezivandeni; bayothola konke abakulangazelelayo eNkosini yabo. Lokho yikona okuwumusa omkhulu.

ذَٰلِكَ ٱلَّذِى يُبَشِّرُ ٱللَّهُ عِبَادَهُ ٱلَّذِينَ
ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ ۗ قُل لَّآ
أَسْـَٔلُكُمْ عَلَيْهِ أَجْرًا إِلَّا ٱلْمَوَدَّةَ فِى
ٱلْقُرْبَىٰ ۗ وَمَن يَقْتَرِفْ حَسَنَةً نَّزِدْ لَهُۥ
فِيهَا حُسْنًا ۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ شَكُورٌ ﴿٢٣﴾

23. Yizona lezo izindaba ezinhle u Allah azethula kuzigqila zakhe lezi ezikholwayo nezenza okulungileyo. Yithi: "Anginceli mvuzo ngakho, ngaphandle nje kokuzwana njengezihlobo". Futhi lowo owenza okuhle sizomandisela ngokuhle kukho. Impela u Allah unguMthetheleli Obongayo.

أَمْ يَقُولُونَ ٱفْتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا ۖ فَإِن
يَشَإِ ٱللَّهُ يَخْتِمْ عَلَىٰ قَلْبِكَ ۗ وَيَمْحُ ٱللَّهُ
ٱلْبَٰطِلَ وَيُحِقُّ ٱلْحَقَّ بِكَلِمَٰتِهِۦٓ ۚ إِنَّهُۥ
عَلِيمٌۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿٢٤﴾

24. Kumbe bathi: "Uqambela u Allah amanga". Uma u Allah ethanda engavala inhliziyo yakho. Futhi u Allah uyawashabalalisa amanga aqinisekise iqiniso ngaMazwi aKhe; impela Yena ukwazi kahle okuqukethwe izinhliziyo.

وَهُوَ ٱلَّذِى يَقْبَلُ ٱلتَّوْبَةَ عَنْ عِبَادِهِۦ
وَيَعْفُوا۟ عَنِ ٱلسَّيِّـَٔاتِ وَيَعْلَمُ مَا
تَفْعَلُونَ ﴿٢٥﴾

25. Futhi nguYena owamukela ukuzisola nokucela intethelelo ezigqileni zaKhe aphinde axolele izimpambuko futhi uyakwazi enikwenzayo.

وَيَسْتَجِيبُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟
ٱلصَّٰلِحَٰتِ وَيَزِيدُهُم مِّن فَضْلِهِۦ ۚ
وَٱلْكَٰفِرُونَ لَهُمْ عَذَابٌ شَدِيدٌ ﴿٢٦﴾

26. Futhi uyabaphendula labo abakholwayo abenza okulungileyo aphinde abandisele umusa waKhe. Abangakholwa bayothola isijeziso esinzima.

27. Uma u Allah engabela ngenala isondlo kuzigqila zaKhe, zeziyoba ngamahlongandlebe ezweni, kepha uletha akuthandayo ngokulingene; impela Yena mayelana nezigqila zaKhe Unolwazi Uyabona.

* وَلَوْ بَسَطَ ٱللَّهُ ٱلرِّزْقَ لِعِبَادِهِۦ لَبَغَوْا۟ فِى ٱلْأَرْضِ وَلَٰكِن يُنَزِّلُ بِقَدَرٍ مَّا يَشَآءُ ۚ إِنَّهُۥ بِعِبَادِهِۦ خَبِيرٌۢ بَصِيرٌ ﴿٢٧﴾

28. Futhi nguYena oletha imvula emuva kokuba sebelahle ithemba aphinde asabalalise umusa waKhe. Futhi nguYena onguMhlengi Odunyiswayo.

وَهُوَ ٱلَّذِى يُنَزِّلُ ٱلْغَيْثَ مِنۢ بَعْدِ مَا قَنَطُوا۟ وَيَنشُرُ رَحْمَتَهُۥ ۚ وَهُوَ ٱلْوَلِىُّ ٱلْحَمِيدُ ﴿٢٨﴾

29. Ezinye zezibonakaliso zakhe, ukudalwa kwamazulu nomhlaba nalezo zidalwa azisabalalisile kuwo. Futhi uma ethanda unamandla okubabuthanisa bonke.

وَمِنْ ءَايَٰتِهِۦ خَلْقُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَثَّ فِيهِمَا مِن دَآبَّةٍ ۚ وَهُوَ عَلَىٰ جَمْعِهِمْ إِذَا يَشَآءُ قَدِيرٌ ﴿٢٩﴾

30. Futhi wonke umshophi onehlelayo kungenxa yemisebenzi yezandla zenu, futhi kuningi [u Allah] akuxolelayo.

وَمَآ أَصَٰبَكُم مِّن مُّصِيبَةٍ فَبِمَا كَسَبَتْ أَيْدِيكُمْ وَيَعْفُوا۟ عَن كَثِيرٍ ﴿٣٠﴾

31. Futhi nina anisoze naphunyuka emhlabeni, futhi akekho onganihlenga noma anisize ngaphandle kuka Allah.

وَمَآ أَنتُم بِمُعْجِزِينَ فِى ٱلْأَرْضِ ۖ وَمَا لَكُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ مِن وَلِىٍّ وَلَا نَصِيرٍ ﴿٣١﴾

32. Futhi ezinye zezibonakaliso zaKhe, imikhumbi eso lwandle njengezintaba.

وَمِنْ ءَايَٰتِهِ ٱلْجَوَارِ فِى ٱلْبَحْرِ كَٱلْأَعْلَٰمِ ﴿٣٢﴾

33. Uma ethanda angamisa umoya, bese ima nsi [imikhumbi] phezu kwalo. Impela kulokho kunezibonakaliso kulowo nalowo obekezelayo obongayo.

إِن يَشَأْ يُسْكِنِ ٱلرِّيحَ فَيَظْلَلْنَ رَوَاكِدَ عَلَىٰ ظَهْرِهِۦٓ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّكُلِّ صَبَّارٍ شَكُورٍ ﴿٣٣﴾

34. Noma avele ayibhubhise ngenxa yezenzo zabo; kepha kuningi akuxolelayo.

أَوْ يُوبِقْهُنَّ بِمَا كَسَبُوا۟ وَيَعْفُ عَن كَثِيرٍ ﴿٣٤﴾

35. Futhi laba abaphikisana ngemibiko yeThu bayazi ukuthi akukho lapho ababalekela khona.

وَيَعْلَمَ ٱلَّذِينَ يُجَٰدِلُونَ فِىٓ ءَايَٰتِنَا مَا لَهُم مِّن مَّحِيصٍ ﴿٣٥﴾

36. Yonke into enabelwe yona, izinto nje zokuncebeleka emhlabeni; kepha lokhu okuku Allah yikona okungcono nokuyohlala kukhona kulabo abakholwayo abathembela eNkosini yabo.

فَمَآ أُوتِيتُم مِّن شَىْءٍ فَمَتَٰعُ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۖ وَمَا عِندَ ٱللَّهِ خَيْرٌ وَأَبْقَىٰ لِلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَلَىٰ رَبِّهِمْ يَتَوَكَّلُونَ ﴿٣٦﴾

37. Nalabo abagwema izimpambuko ezinkulu namanyala nabathi uma becasula bakwazi ukuxolela.

وَٱلَّذِينَ يَجْتَنِبُونَ كَبَٰٓئِرَ ٱلْإِثْمِ وَٱلْفَوَٰحِشَ وَإِذَا مَا غَضِبُوا۟ هُمْ يَغْفِرُونَ ﴿٣٧﴾

38. Nalabo abathobela iNkosi yabo baqikelele ukwenza iSwala futhi babonisane phakathi kwabo baphinde baphane kulokho esibabele kona.

وَٱلَّذِينَ ٱسْتَجَابُوا۟ لِرَبِّهِمْ وَأَقَامُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَأَمْرُهُمْ شُورَىٰ بَيْنَهُمْ وَمِمَّا رَزَقْنَٰهُمْ يُنفِقُونَ ﴿٣٨﴾

39. Nalabo uma behlaselwa ngokungebulungiswa bayaziphindiselela.

وَٱلَّذِينَ إِذَآ أَصَابَهُمُ ٱلْبَغْىُ هُمْ يَنتَصِرُونَ ﴿٣٩﴾

40. Phela umvuzo wempambuko impambuko efana nayo; kepha lowo oxolelayo futhi babuyisane, umvuzo wakhe uku Allah; impela Yena akabathandi labo abangenabulungiswa.

وَجَزَٰٓؤُا۟ سَيِّئَةٍ سَيِّئَةٌ مِّثْلُهَا ۖ فَمَنْ عَفَا وَأَصْلَحَ فَأَجْرُهُۥ عَلَى ٱللَّهِ ۚ إِنَّهُۥ لَا يُحِبُّ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٤٠﴾

41. Futhi lowo oziphindiselelayo emuva kokuba ehlukunyeziwe; laboke ngeke basolwe.

وَلَمَنِ ٱنتَصَرَ بَعْدَ ظُلْمِهِۦ فَأُو۟لَٰٓئِكَ مَا عَلَيْهِم مِّن سَبِيلٍ ﴿٤١﴾

إِنَّمَا ٱلسَّبِيلُ عَلَى ٱلَّذِينَ يَظْلِمُونَ ٱلنَّاسَ وَيَبْغُونَ فِى ٱلْأَرْضِ بِغَيْرِ ٱلْحَقِّ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ لَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٤٢﴾

42. Kuphela abasolwayo, yilabo abahlukumeza abantu futhi benze ukonakala emhlabeni ngokungemthetho; yibo-ke labo abayothola isijeziso esibuhlungu.

وَلَمَن صَبَرَ وَغَفَرَ إِنَّ ذَٰلِكَ لَمِنْ عَزْمِ ٱلْأُمُورِ ﴿٤٣﴾

43. Futhi lowo obekezelayo aphinde axolele; impela lokho kungokunye kwezinto ezimqoka.

وَمَن يُضْلِلِ ٱللَّهُ فَمَا لَهُۥ مِن وَلِىٍّ مِّنۢ بَعْدِهِۦ ۗ وَتَرَى ٱلظَّٰلِمِينَ لَمَّا رَأَوُا۟ ٱلْعَذَابَ يَقُولُونَ هَلْ إِلَىٰ مَرَدٍّ مِّن سَبِيلٍ ﴿٤٤﴾

44. Futhi lowo odukiswe ngu Allah, akekho oyomhlenga ngaphandle kwaKhe. Futhi uyobona abaphambukile mhla bebona isijesizo bayothi: "Ingabe ikhona indlela yokubuyela emuva na?".

وَتَرَىٰهُمْ يُعْرَضُونَ عَلَيْهَا خَٰشِعِينَ مِنَ ٱلذُّلِّ يَنظُرُونَ مِن طَرْفٍ خَفِىٍّ ۗ وَقَالَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِنَّ ٱلْخَٰسِرِينَ ٱلَّذِينَ خَسِرُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ وَأَهْلِيهِمْ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۗ أَلَآ إِنَّ ٱلظَّٰلِمِينَ فِى عَذَابٍ مُّقِيمٍ ﴿٤٥﴾

45. Futhi uyobabona bedangele ngenxa yehlazo lapho besiwa kuwo [umlilo], belokhu bejeqeza. Futhi laba abakholwayo bayothi: "Impela abalahlekelwe yilabo abazilahlekisele bona nemindeni yabo ngosuku lokwahlulela; bheka ngoba abaphambukile bayongena esijezisweni esingapheli".

وَمَا كَانَ لَهُم مِّنْ أَوْلِيَآءَ يَنصُرُونَهُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ ۗ وَمَن يُضْلِلِ ٱللَّهُ فَمَا لَهُۥ مِن سَبِيلٍ ﴿٤٦﴾

46. Futhi akunabahlengi abayobasiza ngaphandle kuka Allah. Futhi lowo odukiswe ngu Allah kuphelile ngaye.

ٱسْتَجِيبُوا۟ لِرَبِّكُم مِّن قَبْلِ أَن يَأْتِىَ يَوْمٌ لَّا مَرَدَّ لَهُۥ مِنَ ٱللَّهِ ۚ مَا لَكُم مِّن مَّلْجَإٍ يَوْمَئِذٍ وَمَا لَكُم مِّن نَّكِيرٍ ﴿٤٧﴾

47. Thobelani iNkosi yenu kungakafiki usuku olungeke lavinjwa muntu ku Allah; ngalolosuku akukho lapho eniyikhosela khona futhi akekho oyonixwayela [anizwele].

فَإِنْ أَعْرَضُوا۟ فَمَآ أَرْسَلْنَٰكَ عَلَيْهِمْ حَفِيظًا ۖ إِنْ عَلَيْكَ إِلَّا ٱلْبَلَٰغُ ۗ

48. Uma bengenandaba, asikuthumelanga ukuba ube umqaphi wabo, okwakho

ukudlulisa umlayezo. Futhi impela uma sizwisa umuntu umusa ovela kithi, uyathokoza ngawo; kepha uma ehlelwa umshopi ngenxa yemisebenzi yezandla zakhe; nangu muntu engasabongi.

وَإِنَّآ إِذَآ أَذَقْنَا ٱلْإِنسَٰنَ مِنَّا رَحْمَةً فَرِحَ بِهَا ۖ وَإِن تُصِبْهُمْ سَيِّئَةٌۢ بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيهِمْ فَإِنَّ ٱلْإِنسَٰنَ كَفُورٌ ﴿٤٨﴾

49. Umbuso wamazulu nomhlaba oka Allah; udala akuthandayo; upha amthandayo amantombazane aphe amthandayo abafana.

لِّلَّهِ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ يَخْلُقُ مَا يَشَآءُ ۚ يَهَبُ لِمَن يَشَآءُ إِنَٰثًا وَيَهَبُ لِمَن يَشَآءُ ٱلذُّكُورَ ﴿٤٩﴾

50. Noma abaxube kube abafana namantombazane. Futhi wenza amthandayo inyumba; impela Yena Uyazi Unamandla.

أَوْ يُزَوِّجُهُمْ ذُكْرَانًا وَإِنَٰثًا ۖ وَيَجْعَلُ مَن يَشَآءُ عَقِيمًا ۚ إِنَّهُۥ عَلِيمٌ قَدِيرٌ ﴿٥٠﴾

51. Akekho umuntu u Allah akhuluma naye mathupha, kuba kuphela ngokumembulela emuva kwezithiyo noma athumele isithunywa bese embulela ngemvumo yaKhe akufunayo; impela Yena Uphakeme Ukhaliphile.

* وَمَا كَانَ لِبَشَرٍ أَن يُكَلِّمَهُ ٱللَّهُ إِلَّا وَحْيًا أَوْ مِن وَرَآئِ حِجَابٍ أَوْ يُرْسِلَ رَسُولًا فَيُوحِىَ بِإِذْنِهِۦ مَا يَشَآءُ ۚ إِنَّهُۥ عَلِىٌّ حَكِيمٌ ﴿٥١﴾

52. Ngokunjalo sembulela kuwe umusa ovela kithi; futhi bewungazi ukuthi yini iNcwadi noma yini ukholo; kepha siyenze yaba ukuhkanya esihola ngawo lowo esimthandayo kuzigqila zeThu; futhi impela nawe uholela endleleni eqondile.

وَكَذَٰلِكَ أَوْحَيْنَآ إِلَيْكَ رُوحًا مِّنْ أَمْرِنَا ۚ مَا كُنتَ تَدْرِى مَا ٱلْكِتَٰبُ وَلَا ٱلْإِيمَٰنُ وَلَٰكِن جَعَلْنَٰهُ نُورًا نَّهْدِى بِهِۦ مَن نَّشَآءُ مِنْ عِبَادِنَا ۚ وَإِنَّكَ لَتَهْدِىٓ إِلَىٰ صِرَٰطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿٥٢﴾

53. Indlela ka Allah, lona okungokwakhe konke okusemazulwini nakho konke okusemhlabeni; bheka! Zonke izinto zobuyela ku Allah.

صِرَٰطِ ٱللَّهِ ٱلَّذِى لَهُۥ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ ۗ أَلَآ إِلَى ٱللَّهِ تَصِيرُ ٱلْأُمُورُ ﴿٥٣﴾

(43) SURA ZUGKURUFU
UBUKHAZIKHAZI BEGOLIDE

سُورَةُ الزُّخۡرُفِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ha-Mim.

حمٓ ﴿١﴾

2. Ngifunga ngeNcwadi ecacisayo.

وَٱلۡكِتَٰبِ ٱلۡمُبِينِ ﴿٢﴾

3. Impela siyenze yaba iKurani yesi Arabhu ukuze niqonde.

إِنَّا جَعَلۡنَٰهُ قُرۡءَٰنًا عَرَبِيًّا لَّعَلَّكُمۡ تَعۡقِلُونَ ﴿٣﴾

4. Futhi eNcwadini ewuMsuka [uQwembe] ekithi iphakeme ikhaliphile.

وَإِنَّهُۥ فِيٓ أُمِّ ٱلۡكِتَٰبِ لَدَيۡنَا لَعَلِيٌّ حَكِيمٌ ﴿٤﴾

5. Ingabe kumele sihoxise iSikhumbuzo unomphela kini ngenxa nje yokuthi nina ningabantu abayizephula mthetho na?

أَفَنَضۡرِبُ عَنكُمُ ٱلذِّكۡرَ صَفۡحًا أَن كُنتُمۡ قَوۡمًا مُّسۡرِفِينَ ﴿٥﴾

6. Ziningi iZithunywa esazithumela kwabasendulo.

وَكَمۡ أَرۡسَلۡنَا مِن نَّبِيٍّ فِي ٱلۡأَوَّلِينَ ﴿٦﴾

7. Njalonje uma kufika uMembulelwa kubo babevele bahlekise ngaye.

وَمَا يَأۡتِيهِم مِّن نَّبِيٍّ إِلَّا كَانُواْ بِهِۦ يَسۡتَهۡزِءُونَ ﴿٧﴾

8. Sabhubhisa abanamandla ukundlula bona futhi sesandlula isibonelo sabasendulo.

فَأَهۡلَكۡنَآ أَشَدَّ مِنۡهُم بَطۡشًا وَمَضَىٰ مَثَلُ ٱلۡأَوَّلِينَ ﴿٨﴾

9. Futhi uma ungababuza ukuthi, ngubani owadla amazulu nomhlaba bayothi: "Kudalwe nguSomandla Owaziyo".

وَلَئِن سَأَلۡتَهُم مَّنۡ خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضَ لَيَقُولُنَّ خَلَقَهُنَّ ٱلۡعَزِيزُ ٱلۡعَلِيمُ ﴿٩﴾

10. Lona onenzele umhlaba wandlaleka waphinde wanenzela kuwo izindlela ukuze nilayeleke ningaduki.
11. Lona futhi onehlisele amanzi phezulu ngokulingene; sabe sesivuselela ngawo indawo ebesifile; ngokunjalo niyovuswa.
12. Lona futhi lona odale zonke izinhlobo wanidalela imikhumbi nezilwane enikugibelayo.
13. Ukuze nigibele emihlane yakho bese nikhumbula umusa weNkosi yenu lapho seniphezu kwakho bese nithi: "Ungcwele lona osijubele lokhu futhi besingeke thina sikhone…"
14. Futhi impela thina siyobuyela eNkosini yethu.
15. Futhi bamqokela isabelo ezigqileni zaKhe; impela umuntu akabongi sidalo.
16. Kumbe Yena uzikhethele amadodakazi kulokho akudalile, nina wanikhethela amadodana.
17. Uma omunye ehalaliselwa ngalokho akufanisa noNomusa, ubuso buyagqungqa bubemnyama bhuqe adangale.
18. Ingabe lowo okhuliswe ngemhlobiso futhi ongakwazi ukuzuchaza lapho kuphikiswa [owesimame] [bamenza ingane ka Allah na]?

ٱلَّذِى جَعَلَ لَكُمُ ٱلْأَرْضَ مَهْدًا
وَجَعَلَ لَكُمْ فِيهَا سُبُلًا لَّعَلَّكُمْ
تَهْتَدُونَ ﴿١٠﴾
وَٱلَّذِى نَزَّلَ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءًۢ بِقَدَرٍ فَأَنشَرْنَا
بِهِۦ بَلْدَةً مَّيْتًا ۚ كَذَٰلِكَ تُخْرَجُونَ ﴿١١﴾

وَٱلَّذِى خَلَقَ ٱلْأَزْوَٰجَ كُلَّهَا وَجَعَلَ لَكُم
مِّنَ ٱلْفُلْكِ وَٱلْأَنْعَٰمِ مَا تَرْكَبُونَ ﴿١٢﴾
لِتَسْتَوُۥا۟ عَلَىٰ ظُهُورِهِۦ ثُمَّ تَذْكُرُوا۟ نِعْمَةَ
رَبِّكُمْ إِذَا ٱسْتَوَيْتُمْ عَلَيْهِ وَتَقُولُوا۟
سُبْحَٰنَ ٱلَّذِى سَخَّرَ لَنَا هَٰذَا وَمَا كُنَّا
لَهُۥ مُقْرِنِينَ ﴿١٣﴾

وَإِنَّآ إِلَىٰ رَبِّنَا لَمُنقَلِبُونَ ﴿١٤﴾

وَجَعَلُوا۟ لَهُۥ مِنْ عِبَادِهِۦ جُزْءًا ۚ إِنَّ
ٱلْإِنسَٰنَ لَكَفُورٌ مُّبِينٌ ﴿١٥﴾

أَمِ ٱتَّخَذَ مِمَّا يَخْلُقُ بَنَاتٍ وَأَصْفَىٰكُم
بِٱلْبَنِينَ ﴿١٦﴾

وَإِذَا بُشِّرَ أَحَدُهُم بِمَا ضَرَبَ لِلرَّحْمَٰنِ
مَثَلًا ظَلَّ وَجْهُهُۥ مُسْوَدًّا وَهُوَ
كَظِيمٌ ﴿١٧﴾
أَوَمَن يُنَشَّؤُا۟ فِى ٱلْحِلْيَةِ وَهُوَ فِى ٱلْخِصَامِ
غَيْرُ مُبِينٍ ﴿١٨﴾

وَجَعَلُوا۟ ٱلْمَلَـٰٓئِكَةَ ٱلَّذِينَ هُمْ عِبَـٰدُ ٱلرَّحْمَـٰنِ إِنَـٰثًا ۚ أَشَهِدُوا۟ خَلْقَهُمْ ۚ سَتُكْتَبُ شَهَـٰدَتُهُمْ وَيُسْـَٔلُونَ ﴿١٩﴾

19. Futhi benze izingelosi isifazane zona lezi eziyizigqila zika Allah. Ingabe babekhona yini mhla zidalwa na? Ubufakazi babo buzolotshwa bese bayabuzwa.

وَقَالُوا۟ لَوْ شَآءَ ٱلرَّحْمَـٰنُ مَا عَبَدْنَـٰهُم ۗ مَّا لَهُم بِذَٰلِكَ مِنْ عِلْمٍ ۖ إِنْ هُمْ إِلَّا يَخْرُصُونَ ﴿٢٠﴾

20. Futhi bathi: "Uma u Allah ethanda angeke sabakhonza". Abanalwazi lwalokho, bavane bayaziqagulela nje.

أَمْ ءَاتَيْنَـٰهُمْ كِتَـٰبًا مِّن قَبْلِهِۦ فَهُم بِهِۦ مُسْتَمْسِكُونَ ﴿٢١﴾

21. Kumbe sabanika incwadi ngaphambi kwayo [iKurani]; ngakho-ke babambelele kuyo.

بَلْ قَالُوٓا۟ إِنَّا وَجَدْنَآ ءَابَآءَنَا عَلَىٰٓ أُمَّةٍ وَإِنَّا عَلَىٰٓ ءَاثَـٰرِهِم مُّهْتَدُونَ ﴿٢٢﴾

22. Empeleni bathi: "Safumanisa okhokho bethu belandela inkolo, ngakho-ke nathi sihamba ezinyathelweni zabo".

وَكَذَٰلِكَ مَآ أَرْسَلْنَا مِن قَبْلِكَ فِى قَرْيَةٍ مِّن نَّذِيرٍ إِلَّا قَالَ مُتْرَفُوهَآ إِنَّا وَجَدْنَآ ءَابَآءَنَا عَلَىٰٓ أُمَّةٍ وَإِنَّا عَلَىٰٓ ءَاثَـٰرِهِم مُّقْتَدُونَ ﴿٢٣﴾

23. Ngokunjalo, kunoma yisiphi isizwe esithumela kuso umexwayisi, izigwili zakhona zazithi: "Impela thina safumanisa okhokho bethu belandela inkolo, ngakho-ke nathi silandela ezinyathelweni zabo".

* قَـٰلَ أَوَلَوْ جِئْتُكُم بِأَهْدَىٰ مِمَّا وَجَدتُّمْ عَلَيْهِ ءَابَآءَكُمْ ۖ قَالُوٓا۟ إِنَّا بِمَآ أُرْسِلْتُم بِهِۦ كَـٰفِرُونَ ﴿٢٤﴾

24. Wathi: "Kunganjani nginilethele okuqonde ukundlula lokho enafumanisa kukho okhokho benu na?" Bathi: :Impela asikukholwa lokho enithunywe nakho".

فَٱنتَقَمْنَا مِنْهُمْ ۖ فَٱنظُرْ كَيْفَ كَانَ عَـٰقِبَةُ ٱلْمُكَذِّبِينَ ﴿٢٥﴾

25. Saziphindisela kubo; ngakho-ke bheka ukuthi saba njani isiphetho sabaphikayo.

وَإِذْ قَالَ إِبْرَٰهِيمُ لِأَبِيهِ وَقَوْمِهِۦٓ إِنَّنِى
بَرَآءٌ مِّمَّا تَعْبُدُونَ ﴿٢٦﴾

إِلَّا ٱلَّذِى فَطَرَنِى فَإِنَّهُۥ سَيَهْدِينِ ﴿٢٧﴾

وَجَعَلَهَا كَلِمَةًۢ بَاقِيَةً فِى عَقِبِهِۦ لَعَلَّهُمْ
يَرْجِعُونَ ﴿٢٨﴾

بَلْ مَتَّعْتُ هَٰٓؤُلَآءِ وَءَابَآءَهُمْ حَتَّىٰ
جَآءَهُمُ ٱلْحَقُّ وَرَسُولٌ مُّبِينٌ ﴿٢٩﴾

وَلَمَّا جَآءَهُمُ ٱلْحَقُّ قَالُوا۟ هَٰذَا سِحْرٌ
وَإِنَّا بِهِۦ كَٰفِرُونَ ﴿٣٠﴾

وَقَالُوا۟ لَوْلَا نُزِّلَ هَٰذَا ٱلْقُرْءَانُ عَلَىٰ رَجُلٍ
مِّنَ ٱلْقَرْيَتَيْنِ عَظِيمٍ ﴿٣١﴾

أَهُمْ يَقْسِمُونَ رَحْمَتَ رَبِّكَ ۚ نَحْنُ قَسَمْنَا
بَيْنَهُم مَّعِيشَتَهُمْ فِى ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۚ
وَرَفَعْنَا بَعْضَهُمْ فَوْقَ بَعْضٍ دَرَجَٰتٍ
لِّيَتَّخِذَ بَعْضُهُم بَعْضًا سُخْرِيًّا ۗ وَرَحْمَتُ
رَبِّكَ خَيْرٌ مِّمَّا يَجْمَعُونَ ﴿٣٢﴾

26. Khumbula mhla u Ibhirahimu ethi kuyise nakubantu bakubo: "Impela mina angihlangene nalokho enikukhonzayo".

27. Ngaphandle kwalowo owangidala ngokuba Yena uzongihola.

28. Wawenza kwaba ngamazwi awashiya ngemuva kwakhe ukuze babuye [endleleni eqondile].

29. Empeleni sijabulise laba nokhokho babo kwaze Fukwafika kubo iqiniso neSithunywa esicacisayo.

30. Kuthe lapho sekufika iqiniso bathi: "Lokhu ilumbo, futhi asikukholwa impela".

31. Futhi bathi: "Kungani leKurani ingembulelwanga endodeni evela kulezizwe ezimbili ezinkulu".

32. Ingabe sekuyibona yini ababa umusa weNkosi yakho na? Yithina esibabela ukuziphilisa kwabo empilweni yasemhlabeni futhi siphakamise izigaba zabanye zaba ngaphezulu kwezabanye ukuze abanye basebenzele abanye. Futhi umusa weNkosi yakho yiwona ongcono kunalokho abakuqongelelayo.

وَلَوْلَآ أَن يَكُونَ ٱلنَّاسُ أُمَّةً وَٰحِدَةً لَّجَعَلْنَا لِمَن يَكْفُرُ بِٱلرَّحْمَٰنِ لِبُيُوتِهِمْ سُقُفًا مِّن فِضَّةٍ وَمَعَارِجَ عَلَيْهَا يَظْهَرُونَ ﴿٣٣﴾

33. Futhi ukube bekungesikho ukuthi abantu bayoba senkolweni eyodwa [yokungakholwa], besiyokwenzela labo abangakholelwa koNomusa uphahla lwesiliva ezindlini zabo nezikwelo abazokhuphuka ngazo.

وَلِبُيُوتِهِمْ أَبْوَٰبًا وَسُرُرًا عَلَيْهَا يَتَّكِـُٔونَ ﴿٣٤﴾

34. Futhi izindlu zabo zibe neminyango nemibhede abayohlala abeqhiyame kuyo.

وَزُخْرُفًا ۚ وَإِن كُلُّ ذَٰلِكَ لَمَّا مَتَٰعُ ٱلْحَيَوٰةِ ٱلدُّنْيَا ۚ وَٱلْـَٔاخِرَةُ عِندَ رَبِّكَ لِلْمُتَّقِينَ ﴿٣٥﴾

35. Nobukhakhazi begolide; futhi konke lokho kuyizinto zempilo yasemhlabeni; kepha ikwelizayo eNkosini yakho ngelalabo abayithobelayo.

وَمَن يَعْشُ عَن ذِكْرِ ٱلرَّحْمَٰنِ نُقَيِّضْ لَهُۥ شَيْطَٰنًا فَهُوَ لَهُۥ قَرِينٌ ﴿٣٦﴾

36. Futhi lowo ophila ngaphandle kokukhumbula Onomusa, simqokela uShayitani ukuze abe umngani wakhe.

وَإِنَّهُمْ لَيَصُدُّونَهُمْ عَنِ ٱلسَّبِيلِ وَيَحْسَبُونَ أَنَّهُم مُّهْتَدُونَ ﴿٣٧﴾

37. Impela bona [oShayitani] bayavimba endleleni, kepha bona bacabanga ukuthi basendleleni eqondile.

حَتَّىٰٓ إِذَا جَآءَنَا قَالَ يَٰلَيْتَ بَيْنِى وَبَيْنَكَ بُعْدَ ٱلْمَشْرِقَيْنِ فَبِئْسَ ٱلْقَرِينُ ﴿٣٨﴾

38. Kuze kuthi lapho esefika kithi, athi: "Ngifisa engathi phakathi kwami nawe bekunebanga lezimpumalanga ezimbili; ungumngani omubi".

وَلَن يَنفَعَكُمُ ٱلْيَوْمَ إِذ ظَّلَمْتُمْ أَنَّكُمْ فِى ٱلْعَذَابِ مُشْتَرِكُونَ ﴿٣٩﴾

39. Ngoba seniphambukile nje, angeke kunisize ukuba ndawonye [kwenu] esijezisweni.

أَفَأَنتَ تُسۡمِعُ ٱلصُّمَّ أَوۡ تَهۡدِي ٱلۡعُمۡيَ وَمَن كَانَ فِي ضَلَٰلٖ مُّبِينٖ ﴿٤٠﴾

40. Ingabe wena uyakwazi ukukwenza izimumu zizwe noma uhole impumputhe nalowo osekudukeni uqobo na?

فَإِمَّا نَذۡهَبَنَّ بِكَ فَإِنَّا مِنۡهُم مُّنتَقِمُونَ ﴿٤١﴾

41. Noma singakususa [ushone], impela siyoziphindisela kubo.

أَوۡ نُرِيَنَّكَ ٱلَّذِي وَعَدۡنَٰهُمۡ فَإِنَّا عَلَيۡهِم مُّقۡتَدِرُونَ ﴿٤٢﴾

42. Noma sikubonise lokho esibathembise kona; impela Thina angeke basihlula.

فَٱسۡتَمۡسِكۡ بِٱلَّذِيٓ أُوحِيَ إِلَيۡكَۖ إِنَّكَ عَلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٖ ﴿٤٣﴾

43. Ngakho-ke bambelele kulokho okwembulelwe kuwe; impela usendleleni eqondile.

وَإِنَّهُۥ لَذِكۡرٞ لَّكَ وَلِقَوۡمِكَۖ وَسَوۡفَ تُسۡـَٔلُونَ ﴿٤٤﴾

44. Futhi [iKurani] iwudumo lwakho nabantu bakini futhi niyobuzwa.

وَسۡـَٔلۡ مَنۡ أَرۡسَلۡنَا مِن قَبۡلِكَ مِن رُّسُلِنَآ أَجَعَلۡنَا مِن دُونِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ءَالِهَةٗ يُعۡبَدُونَ ﴿٤٥﴾

45. Futhi buza labo esabathumela ngaphambi kwakho kuZithunywa zeThu, ukuthi, ngabe sake saqoka izikhonzwa ezikhonzwayo ngaphandle koNomusa na?

وَلَقَدۡ أَرۡسَلۡنَا مُوسَىٰ بِـَٔايَٰتِنَآ إِلَىٰ فِرۡعَوۡنَ وَمَلَإِيْهِۦ فَقَالَ إِنِّي رَسُولُ رَبِّ ٱلۡعَٰلَمِينَ ﴿٤٦﴾

46. Sathumela uMusa nezibonakaliso zeThu kuFirawuni nezikhulu zakhe, wathi: "Impela ngiyiSithunywa seNkosi yendalo yonke".

فَلَمَّا جَآءَهُم بِـَٔايَٰتِنَآ إِذَا هُم مِّنۡهَا يَضۡحَكُونَ ﴿٤٧﴾

47. Kuthe lapho ebalethela izibonakaliso zeThu, bavele bazihleka.

وَمَا نُرِيهِم مِّنۡ ءَايَةٍ إِلَّا هِيَ أَكۡبَرُ مِنۡ أُخۡتِهَاۖ وَأَخَذۡنَٰهُم بِٱلۡعَذَابِ لَعَلَّهُمۡ يَرۡجِعُونَ ﴿٤٨﴾

48. Futhi yileso naleso sibonakaliso esibabonisa sona besikhulu kunedlulile. Futhi sabahlasela ngesijeziso ukuze babuye [endleleni eqondile].

49. Bathi: "Mlumbi, sikhulekele eNkosini yakho, ngesibopho esenze nawe, impela thina sizolandela indlela eqondile".

وَقَالُواْ يَـٰٓأَيُّهَ ٱلسَّاحِرُ ٱدْعُ لَنَا رَبَّكَ بِمَا عَهِدَ عِندَكَ إِنَّنَا لَمُهْتَدُونَ ﴿٤٩﴾

50. Kuthe lapho sesisisusile kubo isijeziso; baphula isethembiso.

فَلَمَّا كَشَفْنَا عَنْهُمُ ٱلْعَذَابَ إِذَا هُمْ يَنكُثُونَ ﴿٥٠﴾

51. Futhi uFirawuni wamemeza kubantu bakhe wathi: "Bantu bami, akusibona yini obami ubukhosi baseMisiri nalemifula egeleza ezansi kwami na? kungani ningaboni na?"

وَنَادَىٰ فِرْعَوْنُ فِى قَوْمِهِۦ قَالَ يَـٰقَوْمِ أَلَيْسَ لِى مُلْكُ مِصْرَ وَهَـٰذِهِ ٱلْأَنْهَـٰرُ تَجْرِى مِن تَحْتِىٓ ۚ أَفَلَا تُبْصِرُونَ ﴿٥١﴾

52. Empeleni yimina ongcono kunalona ongelutho futhi ongakwazi nokukhuluma into ecacile.

أَمْ أَنَا۠ خَيْرٌ مِّنْ هَـٰذَا ٱلَّذِى هُوَ مَهِينٌ وَلَا يَكَادُ يُبِينُ ﴿٥٢﴾

53. Makehlelwe ubuhlalu begolide noma izingelosi zize naye zilandelana.

فَلَوْلَآ أُلْقِىَ عَلَيْهِ أَسْوِرَةٌ مِّن ذَهَبٍ أَوْ جَآءَ مَعَهُ ٱلْمَلَـٰٓئِكَةُ مُقْتَرِنِينَ ﴿٥٣﴾

54. Wabayenga abantu bakhe, bamlalela; impela babengabantu abayozephula mthetho.

فَٱسْتَخَفَّ قَوْمَهُۥ فَأَطَاعُوهُ ۚ إِنَّهُمْ كَانُواْ قَوْمًا فَـٰسِقِينَ ﴿٥٤﴾

55. Kuthe lapho sebesicasulile; saziphindisela kubo sabacwilisa bonke.

فَلَمَّآ ءَاسَفُونَا ٱنتَقَمْنَا مِنْهُمْ فَأَغْرَقْنَـٰهُمْ أَجْمَعِينَ ﴿٥٥﴾

56. Sabenza baba yisibonelo [esenzekile] nesifundo kwabalandelayo.

فَجَعَلْنَـٰهُمْ سَلَفًا وَمَثَلًا لِّلْـَٔاخِرِينَ ﴿٥٦﴾

57. Futhi uma kwenziwa umzekelo ngendodana ka Mariyamu; abantu bakini babanga umsindo.

* وَلَمَّا ضُرِبَ ٱبْنُ مَرْيَمَ مَثَلًا إِذَا قَوْمُكَ مِنْهُ يَصِدُّونَ ﴿٥٧﴾

58. Bathi: "Ingabe izikhonzwa zethu ezingcono noma yena na?", benze umzekelo ngayo ukuze baphikisane nawe; empeleni bangabantu abaphikisanayo.

وَقَالُوٓاْ ءَأَٰلِهَتُنَا خَيۡرٌ أَمۡ هُوَۚ مَا ضَرَبُوهُ لَكَ إِلَّا جَدَلَۢاۚ بَلۡ هُمۡ قَوۡمٌ خَصِمُونَ ٥٨

59. Uyizigqila nje esisibusisile futhi sasenza isibonelo esizweni sakwa Isirayeli.

إِنۡ هُوَ إِلَّا عَبۡدٌ أَنۡعَمۡنَا عَلَيۡهِ وَجَعَلۡنَٰهُ مَثَلٗا لِّبَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ ٥٩

60. Uma sithanda singaletha esikhundleni senu izingelosi emhlabeni izizukulwane ngezizukulwane.

وَلَوۡ نَشَآءُ لَجَعَلۡنَا مِنكُم مَّلَٰٓئِكَةٗ فِي ٱلۡأَرۡضِ يَخۡلُفُونَ ٦٠

61. Futhi [u Isa] uyinkomba yokufika kweSikhathi ngakho-ke ungabi nokungabaza ngaso futhi landelani mina lena indlela eqondile.

وَإِنَّهُۥ لَعِلۡمٞ لِّلسَّاعَةِ فَلَا تَمۡتَرُنَّ بِهَا وَٱتَّبِعُونِۚ هَٰذَا صِرَٰطٞ مُّسۡتَقِيمٞ ٦١

62. Futhi uShayitani anganivimbi; impela yena uyisitha esisobala kini.

وَلَا يَصُدَّنَّكُمُ ٱلشَّيۡطَٰنُۖ إِنَّهُۥ لَكُمۡ عَدُوّٞ مُّبِينٞ ٦٢

63. Kuthe lapho u Isa efika nezibonakaliso wathi: "Ngize kini nobuhlakani futhi ngizonicacisela okunye kwalokho eniphikisana ngakho; ngakho-ke thobelani u Allah nilalele nami".

وَلَمَّا جَآءَ عِيسَىٰ بِٱلۡبَيِّنَٰتِ قَالَ قَدۡ جِئۡتُكُم بِٱلۡحِكۡمَةِ وَلِأُبَيِّنَ لَكُم بَعۡضَ ٱلَّذِي تَخۡتَلِفُونَ فِيهِۖ فَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَأَطِيعُونِ ٦٣

64. Impela u Allah iNkosi yami neNkosi yenu, ngakho-ke khonzani Yena; lena iyona ndlela eqondile.

إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ رَبِّي وَرَبُّكُمۡ فَٱعۡبُدُوهُۚ هَٰذَا صِرَٰطٞ مُّسۡتَقِيمٞ ٦٤

65. Amaqembu ngaphakathi kwabo aphikisana. Imbubhiso yesijeziso sosuku olubuhlungu ikulabo abaphambukile.

فَٱخۡتَلَفَ ٱلۡأَحۡزَابُ مِنۢ بَيۡنِهِمۡۖ فَوَيۡلٞ لِّلَّذِينَ ظَلَمُواْ مِنۡ عَذَابِ يَوۡمٍ أَلِيمٍ ٦٥

هَلۡ يَنظُرُونَ إِلَّا ٱلسَّاعَةَ أَن تَأۡتِيَهُم بَغۡتَةٗ وَهُمۡ لَا يَشۡعُرُونَ ٦٦

66. Ingabe balindele iSikhathi ukuba bengazelele benganakile na?

ٱلۡأَخِلَّآءُ يَوۡمَئِذِۭ بَعۡضُهُمۡ لِبَعۡضٍ عَدُوٌّ إِلَّا ٱلۡمُتَّقِينَ ٦٧

67. Abangani ngalolo suku bayoba izitha ngaphandle kwabathobela u Allah.

يَٰعِبَادِ لَا خَوۡفٌ عَلَيۡكُمُ ٱلۡيَوۡمَ وَلَآ أَنتُمۡ تَحۡزَنُونَ ٦٨

68. Zigqila zaMi, namhlanje ningesabi futhi ningakhathazeki.

ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ بِـَٔايَٰتِنَا وَكَانُواْ مُسۡلِمِينَ ٦٩

69. Labo abakholwa imibiko yeThu futhi babe ngamaMusilimu.

ٱدۡخُلُواْ ٱلۡجَنَّةَ أَنتُمۡ وَأَزۡوَٰجُكُمۡ تُحۡبَرُونَ ٧٠

70. [Kuyothiwa]: "Ngenani eJana nina namalingani benu nijatshuliswe".

يُطَافُ عَلَيۡهِم بِصِحَافٖ مِّن ذَهَبٖ وَأَكۡوَابٖۖ وَفِيهَا مَا تَشۡتَهِيهِ ٱلۡأَنفُسُ وَتَلَذُّ ٱلۡأَعۡيُنُۖ وَأَنتُمۡ فِيهَا خَٰلِدُونَ ٧١

71. Bayolethelwa ngezitsha zegolide namankomishi; phakathi kuwo kunalokho okulangazelelwa umphefumulo nokujatshulelwa ngamehlo. Futhi niyohla kuyo unaphakade.

وَتِلۡكَ ٱلۡجَنَّةُ ٱلَّتِيٓ أُورِثۡتُمُوهَا بِمَا كُنتُمۡ تَعۡمَلُونَ ٧٢

72. Yiyo-ke leyo iJana lena eyithole ngalokho ebenikwenza.

لَكُمۡ فِيهَا فَٰكِهَةٞ كَثِيرَةٞ مِّنۡهَا تَأۡكُلُونَ ٧٣

73. Kuyo niyothola izithelo eziyinala enizodla kuzo.

إِنَّ ٱلۡمُجۡرِمِينَ فِي عَذَابِ جَهَنَّمَ خَٰلِدُونَ ٧٤

74. Impela izephula mthetho ziyongena esijezisweni saseJahanamu unaphakade.

لَا يُفَتَّرُ عَنۡهُمۡ وَهُمۡ فِيهِ مُبۡلِسُونَ ٧٥

75. Abayikuxegiselwa futhi bekuso bayophelelwa ithemba.

76. Futhi akukho okungebulungiswa esikwenze kubo; kepha yibona abangenabulungiswa.

وَمَا ظَلَمْنَٰهُمْ وَلَٰكِن كَانُوا۟ هُمُ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٧٦﴾

77. Futhi bayomemeza [bathi]: "Maliki, iNkosi mayiqede ngathi". Uyothi: "Cha, impela nisazohlala".

وَنَادَوْا۟ يَٰمَٰلِكُ لِيَقْضِ عَلَيْنَا رَبُّكَ ۖ قَالَ إِنَّكُم مَّٰكِثُونَ ﴿٧٧﴾

78. Impela sanilethela iqiniso kodwa iningi lenu alilithandi iqiniso.

لَقَدْ جِئْنَٰكُم بِٱلْحَقِّ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَكُمْ لِلْحَقِّ كَٰرِهُونَ ﴿٧٨﴾

79. Kumbe kukhona asebekuhlelile; naThi sihlelile.

أَمْ أَبْرَمُوٓا۟ أَمْرًا فَإِنَّا مُبْرِمُونَ ﴿٧٩﴾

80. Kumbe bacabanga ukuthi asikuzwa ukuhleba kwabo nezigungu zabo zangasese. Nebala! Futhi izithunywa zeThu zikanye nabo ziyaloba.

أَمْ يَحْسَبُونَ أَنَّا لَا نَسْمَعُ سِرَّهُمْ وَنَجْوَىٰهُم ۚ بَلَىٰ وَرُسُلُنَا لَدَيْهِمْ يَكْتُبُونَ ﴿٨٠﴾

81. Yithi: "Uma Onomusa enendodana; ngizoba owokuqala ukukhonza".

قُلْ إِن كَانَ لِلرَّحْمَٰنِ وَلَدٌ فَأَنَا۠ أَوَّلُ ٱلْعَٰبِدِينَ ﴿٨١﴾

82. Ingcwele iNkosi yamazulu nomhlaba, iNkosi yeSihlalo kulokho abakushoyo.

سُبْحَٰنَ رَبِّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ رَبِّ ٱلْعَرْشِ عَمَّا يَصِفُونَ ﴿٨٢﴾

83. Bayekele kanje bephambuka futhi bedlala baze bafike kusuku lolu abathenjiswe lona.

فَذَرْهُمْ يَخُوضُوا۟ وَيَلْعَبُوا۟ حَتَّىٰ يُلَٰقُوا۟ يَوْمَهُمُ ٱلَّذِى يُوعَدُونَ ﴿٨٣﴾

84. Futhi nguYena okhonzwayo ezulwini nokhonzwayo emhlabeni; futhi ungoKhaliphile Owaziyo.

وَهُوَ ٱلَّذِى فِى ٱلسَّمَآءِ إِلَٰهٌ وَفِى ٱلْأَرْضِ إِلَٰهٌ ۚ وَهُوَ ٱلْحَكِيمُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٨٤﴾

85. Futhi ungcwele lona ubukhosi bamazulu nomhlaba nokumaphakathi kwawo bungobaKhe futhi nguYena onolwazi lweSikhathi futhi niyobuyela kuYe.

وَتَبَارَكَ ٱلَّذِى لَهُۥ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا وَعِندَهُۥ عِلْمُ ٱلسَّاعَةِ وَإِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٨٥﴾

86. Futhi laba ababakhonzayo ngaphandle kwaKhe abanalo igunya lokushweleza ngaphandle kwalabo abakaza ngeqiniso futhi benolwazi.

وَلَا يَمْلِكُ ٱلَّذِينَ يَدْعُونَ مِن دُونِهِ ٱلشَّفَٰعَةَ إِلَّا مَن شَهِدَ بِٱلْحَقِّ وَهُمْ يَعْلَمُونَ ﴿٨٦﴾

87. Uma ungababuza ukuthi, ngubani obadalile, bayothi: "Ngu Allah"; pho badukiswa kanjani na?

وَلَئِن سَأَلْتَهُم مَّنْ خَلَقَهُمْ لَيَقُولُنَّ ٱللَّهُ ۖ فَأَنَّىٰ يُؤْفَكُونَ ﴿٨٧﴾

88. Futhi kuyothiwa: "Nkosi yami, impela laba ngabantu abangakholwa".

وَقِيلِهِۦ يَٰرَبِّ إِنَّ هَٰٓؤُلَآءِ قَوْمٌ لَّا يُؤْمِنُونَ ﴿٨٨﴾

89. Bashiye kanje ungasabanaki; bayokwazi.

فَٱصْفَحْ عَنْهُمْ وَقُلْ سَلَٰمٌ ۚ فَسَوْفَ يَعْلَمُونَ ﴿٨٩﴾

(44) SURA DUGKANI
INTUTHU

سُورَةُ الدُّخَانِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ha-Mim.

حمٓ ﴿١﴾

2. Ngifunga ngeNcwadi ecacisayo [iKurani].

وَٱلْكِتَٰبِ ٱلْمُبِينِ ﴿٢﴾

3. Impela siyembulele ngobusuku obubusisekile; ukuze impela sixwayise.

إِنَّآ أَنزَلْنَٰهُ فِى لَيْلَةٍ مُّبَٰرَكَةٍ ۚ إِنَّا كُنَّا مُنذِرِينَ ﴿٣﴾

4. Kubo [lobusuku] kunqunywa zonke izinqumo ezikhaliphile.

فِيهَا يُفْرَقُ كُلُّ أَمْرٍ حَكِيمٍ ﴿٤﴾

5. Isinqumo esivela kithi; futhi siyathumela [iZithunywa].

أَمْرًا مِّنْ عِندِنَآ ۚ إِنَّا كُنَّا مُرْسِلِينَ ﴿٥﴾

6. Kungumusa ovela eNkosini yakho; impela Yona ingiZwayo Owaziyo.

رَحْمَةً مِّن رَّبِّكَ ۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٦﴾

7. IyiNkosi yamazulu nomhlaba nokumaphakathi kwazo, uma ngempela ninganakungabaza.

رَبِّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَآ ۖ إِن كُنتُم مُّوقِنِينَ ﴿٧﴾

8. Akekho omunye ofanele akhonzwe ngaphandle kwaYo; iYona eletha ukuphila nokufa; iNkosi yenu neNkosi yokhokho benu basendulo.

لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ يُحْىِۦ وَيُمِيتُ ۖ رَبُّكُمْ وَرَبُّ ءَابَآئِكُمُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٨﴾

9. Kepha bona banokungabaza balibele ukudlala.

بَلْ هُمْ فِى شَكٍّ يَلْعَبُونَ ﴿٩﴾

10. Lindela usuku lapho isibhakabhaka siyoba nentuthu uqobo.

فَٱرۡتَقِبۡ يَوۡمَ تَأۡتِي ٱلسَّمَآءُ بِدُخَانٖ مُّبِينٖ ١٠

11. Iyihaqa abantu, [kuthiwe]: "Lesi isijeziso esibuhlungu".

يَغۡشَى ٱلنَّاسَۖ هَٰذَا عَذَابٌ أَلِيمٞ ١١

12. [Bayothi]: "Nkosi yethu, susa isijeziso kithi ngokuba sesiyakholwa".

رَّبَّنَا ٱكۡشِفۡ عَنَّا ٱلۡعَذَابَ إِنَّا مُؤۡمِنُونَ ١٢

13. Balalele kanjani ngoba safika iSithunywa esicacisayo kubo…

أَنَّىٰ لَهُمُ ٱلذِّكۡرَىٰ وَقَدۡ جَآءَهُمۡ رَسُولٞ مُّبِينٞ ١٣

14. Basishaya indiva bathi: "Uhlanya olufundisiwe".

ثُمَّ تَوَلَّوۡاْ عَنۡهُ وَقَالُواْ مُعَلَّمٞ مَّجۡنُونٌ ١٤

15. Impela Thina singasisusa isijeziso kancane; kepha nina niyobuyela emuva [ningakholwa].

إِنَّا كَاشِفُواْ ٱلۡعَذَابِ قَلِيلًاۚ إِنَّكُمۡ عَآئِدُونَ ١٥

16. Ngosuku lapho siyogxavula khona ukugxavula okunzima, siyobe siziphindiselela.

يَوۡمَ نَبۡطِشُ ٱلۡبَطۡشَةَ ٱلۡكُبۡرَىٰٓۚ إِنَّا مُنتَقِمُونَ ١٦

17. Futhi savivinya phambilini kwabo abantu bakaFirawuni futhi neSithunywa esihloniphekile safika kubo.

* وَلَقَدۡ فَتَنَّا قَبۡلَهُمۡ قَوۡمَ فِرۡعَوۡنَ وَجَآءَهُمۡ رَسُولٞ كَرِيمٌ ١٧

18. [Sathi]: "Letha kimi izigqila zika Allah; impela mina ngiyiSithunywa esithembekile kini".

أَنۡ أَدُّوٓاْ إِلَيَّ عِبَادَ ٱللَّهِۖ إِنِّي لَكُمۡ رَسُولٌ أَمِينٞ ١٨

19. Futhi ungaziqhayisi ku Allah; impela ngizonilethela ubufakazi obucacile.

وَأَن لَّا تَعۡلُواْ عَلَى ٱللَّهِۖ إِنِّيٓ ءَاتِيكُم بِسُلۡطَٰنٖ مُّبِينٖ ١٩

20. Futhi ngizivikela ngeNkosi yami neNkosi yenu ekutheni ningikhande kamatshe.

وَإِنِّي عُذۡتُ بِرَبِّي وَرَبِّكُمۡ أَن تَرۡجُمُونِ ٢٠

21. Uma ningangikholwa ngiyekeleni ningangenzi lutho.

وَإِن لَّمْ تُؤْمِنُوا۟ لِى فَٱعْتَزِلُونِ ﴿٢١﴾

22. Wakhuleka eNkosini yakhe wathi: "Impela laba ngabantu abayizephula mthetho".

فَدَعَا رَبَّهُۥٓ أَنَّ هَٰٓؤُلَآءِ قَوْمٌ مُّجْرِمُونَ ﴿٢٢﴾

23. Wathi [u Allah]: "Hamba nezigqila zami ebusuku; impela niyolandelwa".

فَأَسْرِ بِعِبَادِى لَيْلًا إِنَّكُم مُّتَّبَعُونَ ﴿٢٣﴾

24. Futhi uyekele ulwandle lunjalo [luvulekile] ngoba bayibutho eliyocwiliswa.

وَٱتْرُكِ ٱلْبَحْرَ رَهْوًا ۖ إِنَّهُمْ جُندٌ مُّغْرَقُونَ ﴿٢٤﴾

25. Ziningi izivande nemithombo abayishiyile.

كَمْ تَرَكُوا۟ مِن جَنَّٰتٍ وَعُيُونٍ ﴿٢٥﴾

26. Nezitshalo nemizi emihle.

وَزُرُوعٍ وَمَقَامٍ كَرِيمٍ ﴿٢٦﴾

27. Nentokomalo ababenethezeka kuyo.

وَنَعْمَةٍ كَانُوا۟ فِيهَا فَٰكِهِينَ ﴿٢٧﴾

28. Kanjalo nje; sabe sesizidlulisela kwabanye abantu.

كَذَٰلِكَ ۖ وَأَوْرَثْنَٰهَا قَوْمًا ءَاخَرِينَ ﴿٢٨﴾

29. Futhi isibhakabhaka nomhlaba akuzange kubalilele futhi abanikwanga ithuba.

فَمَا بَكَتْ عَلَيْهِمُ ٱلسَّمَآءُ وَٱلْأَرْضُ وَمَا كَانُوا۟ مُنظَرِينَ ﴿٢٩﴾

30. Impela sasihlenga isizwe sakwa Isirayeli esijezisweni esihlazayo.

وَلَقَدْ نَجَّيْنَا بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ مِنَ ٱلْعَذَابِ ٱلْمُهِينِ ﴿٣٠﴾

31. KuFirawuni; impela wabe eziqhayisa engenamkhawulo.

مِن فِرْعَوْنَ ۚ إِنَّهُۥ كَانَ عَالِيًا مِّنَ ٱلْمُسْرِفِينَ ﴿٣١﴾

32. Futhi sabaqoka sazi kahle endalweni yonke.

وَلَقَدِ ٱخْتَرْنَٰهُمْ عَلَىٰ عِلْمٍ عَلَى ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٣٢﴾

33. Futhi sabanika izibonakaliso ezazinesivivinyo esisobala.

وَءَاتَيْنَٰهُم مِّنَ ٱلْءَايَٰتِ مَا فِيهِ بَلَٰٓؤٌا۟ مُّبِينٌ ﴿٣٣﴾

34. Impela laba bathi…

إِنَّ هَٰٓؤُلَآءِ لَيَقُولُونَ ﴿٣٤﴾

35. Sifa kanye nje kuphela futhi asiphinde sivuswe.

إِنْ هِيَ إِلَّا مَوْتَتُنَا ٱلْأُولَىٰ وَمَا نَحْنُ بِمُنشَرِينَ ﴿٣٥﴾

36. Lethani okhokho bethu uma ngempela niqinisile.

فَأْتُوا۟ بِـَٔابَآئِنَآ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٣٦﴾

37. Ingabe bona bangcono yini kunesizwe sika Tuba' nalabo ababengaphambilini kwaso na?; sababhubhisa, impela babeyizephula mthetho.

أَهُمْ خَيْرٌ أَمْ قَوْمُ تُبَّعٍ وَٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۚ أَهْلَكْنَٰهُمْ ۖ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ مُجْرِمِينَ ﴿٣٧﴾

38. Futhi asidalanga amazulu nomhlaba nokumaphakathi sizidlalela.

وَمَا خَلَقْنَا ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ وَمَا بَيْنَهُمَا لَٰعِبِينَ ﴿٣٨﴾

39. Sikudale ngeqiniso, kodwa iningi labo alazi.

مَا خَلَقْنَٰهُمَآ إِلَّا بِٱلْحَقِّ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٣٩﴾

40. Impela uSuku lokwahlulela isikhathi ababekelwe sona bonke.

إِنَّ يَوْمَ ٱلْفَصْلِ مِيقَٰتُهُمْ أَجْمَعِينَ ﴿٤٠﴾

41. Usuku lapho isihlobo singeke sasiza esinye isihlobo ngalutho futhi akekho oyobasiza.

يَوْمَ لَا يُغْنِى مَوْلًى عَن مَّوْلًى شَيْـًٔا وَلَا هُمْ يُنصَرُونَ ﴿٤١﴾

42. Ngaphandle kwaloyo u Allah ayomhawukela; impela Yena unguSomandla Onesihawu.

إِلَّا مَن رَّحِمَ ٱللَّهُ ۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٤٢﴾

43. Impela isihlahla seZakumi [ameva].

إِنَّ شَجَرَتَ ٱلزَّقُّومِ ﴿٤٣﴾

44. Siyoba ukudla kwalowo onezimpambuko.

طَعَامُ ٱلْأَثِيمِ ﴿٤٤﴾

45. Kufana namafutha abilayo esiswini.

كَٱلْمُهْلِ يَغْلِى فِى ٱلْبُطُونِ ﴿٤٥﴾

46. Njengamanzi abile kakhulu.

كَغَلْىِ ٱلْحَمِيمِ ﴿٤٦﴾

47. Mthatheni nimhudulele phakathi emlilweni.

خُذُوهُ فَٱعْتِلُوهُ إِلَىٰ سَوَآءِ ٱلْجَحِيمِ ﴿٤٧﴾

48. Bese nimthela ekhanda lakhe ngesijeziso samanzi abilayo.

ثُمَّ صُبُّوا۟ فَوْقَ رَأْسِهِۦ مِنْ عَذَابِ ٱلْحَمِيمِ ﴿٤٨﴾

49. Yizwa-ke; angithi nguwe onamadla ohloniphekile.

ذُقْ إِنَّكَ أَنتَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْكَرِيمُ ﴿٤٩﴾

50. Yikho kanye lokhu ebeniphikisana ngakho.

إِنَّ هَٰذَا مَا كُنتُم بِهِۦ تَمْتَرُونَ ﴿٥٠﴾

51. Impela abathobela u Allah bayoba sendaweni ephephile.

إِنَّ ٱلْمُتَّقِينَ فِى مَقَامٍ أَمِينٍ ﴿٥١﴾

52. Ezivandeni nasemithonjeni.

فِى جَنَّٰتٍ وَعُيُونٍ ﴿٥٢﴾

53. Bayogqoka usilika obushelelezi nosindayo bahlale babhekane.

يَلْبَسُونَ مِن سُندُسٍ وَإِسْتَبْرَقٍ مُّتَقَٰبِلِينَ ﴿٥٣﴾

54. Kunjalo siyobabhangqa nama Hurayini.

كَذَٰلِكَ وَزَوَّجْنَٰهُم بِحُورٍ عِينٍ ﴿٥٤﴾

55. Bayofuna kuzo yonke inhlobo yesithelo bekhululekile.

يَدْعُونَ فِيهَا بِكُلِّ فَٰكِهَةٍ ءَامِنِينَ ﴿٥٥﴾

56. Angeke baphinde bezwe ukufa kuzo ngaphandle kokufa kokuqala [emhlabeni] futhi iNkosi yabo iyobavikela esijezisweni somlilo.

لَا يَذُوقُونَ فِيهَا ٱلْمَوْتَ إِلَّا ٱلْمَوْتَةَ ٱلْأُولَىٰ ۖ وَوَقَىٰهُمْ عَذَابَ ٱلْجَحِيمِ ﴿٥٦﴾

57. Umusa ovela eNkosini yakho; lokho iyona impumelelo enkulu.

فَضْلًا مِّن رَّبِّكَ ۚ ذَٰلِكَ هُوَ ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿٥٧﴾

58. Futhi siyenze yabalula ngolwimi lwakho ukuze bathathe isifundo.

59. Nawe linda ngokuba nabo balindile.

فَإِنَّمَا يَسَّرْنَٰهُ بِلِسَانِكَ لَعَلَّهُمْ يَتَذَكَّرُونَ ﴿٥٨﴾

فَٱرْتَقِبْ إِنَّهُم مُّرْتَقِبُونَ ﴿٥٩﴾

(45) SURA JATHIYA
UKUGUQA

سُورَةُ الجَاثِيَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

حمٓ ﴿١﴾
تَنزِيلُ ٱلْكِتَٰبِ مِنَ ٱللَّهِ ٱلْعَزِيزِ ٱلْحَكِيمِ ﴿٢﴾

إِنَّ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ لَءَايَٰتٍ لِّلْمُؤْمِنِينَ ﴿٣﴾

وَفِى خَلْقِكُمْ وَمَا يَبُثُّ مِن دَآبَّةٍ ءَايَٰتٌ لِّقَوْمٍ يُوقِنُونَ ﴿٤﴾

وَٱخْتِلَٰفِ ٱلَّيْلِ وَٱلنَّهَارِ وَمَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ مِنَ ٱلسَّمَآءِ مِن رِّزْقٍ فَأَحْيَا بِهِ ٱلْأَرْضَ بَعْدَ مَوْتِهَا وَتَصْرِيفِ ٱلرِّيَٰحِ ءَايَٰتٌ لِّقَوْمٍ يَعْقِلُونَ ﴿٥﴾

تِلْكَ ءَايَٰتُ ٱللَّهِ نَتْلُوهَا عَلَيْكَ بِٱلْحَقِّ ۖ فَبِأَىِّ حَدِيثٍ بَعْدَ ٱللَّهِ وَءَايَٰتِهِۦ يُؤْمِنُونَ ﴿٦﴾

1. Ha-Mim.
2. [Lesi] isambulelo seNcwadi [iKurani] evela ku Allah onguSomandla Okhaliphile.
3. Impela emazulwini nasemhlabeni kunezibonakaliso kulabo abakholwayo.
4. Nasekudalweni kwenu imbala futhi nakuzilwane azisabalalisile kunezibonakaliso kubantu abanesiqiniseko.
5. Nasekuphambaneni kobusuku nemini futhi nakulokho u Allah akwehlisa phezulu okuyisondlo [imvula] avuselela ngakho umhlaba emuva kokufa kwawo nanekuhambeni kwemimoya, kunezibonakaliso kubantu abaqondayo.
6. Leyo imibiko ka Allah esikufundela yona ngeqiniso; ngakhoke iyona yiphi inkulumo abazoyikholwa emuva kuka Allah nemibiko yaKhe.

7. Imbubhiso kuwo wonke umuntu oqamba amanga aluhlaza ophambukile.

وَيْلٌ لِّكُلِّ أَفَّاكٍ أَثِيمٍ ﴿٧﴾

8. Uzwa imibiko ka Allah efundelwa yona bese eqhubeka nokuqhayisa ngathi akazange ayizwe; mhalalisele ngesijeziso esibuhlungu.

يَسْمَعُ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ تُتْلَىٰ عَلَيْهِ ثُمَّ يُصِرُّ مُسْتَكْبِرًا كَأَن لَّمْ يَسْمَعْهَا ۖ فَبَشِّرْهُ بِعَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿٨﴾

9. Uma kukhona okuthile akwazi ngemibiko yeThu, ukwenza inhlekisa. Labo bayothola isijeziso esihlazayo.

وَإِذَا عَلِمَ مِنْ ءَايَٰتِنَا شَيْـًٔا ٱتَّخَذَهَا هُزُوًا ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ لَهُمْ عَذَابٌ مُّهِينٌ ﴿٩﴾

10. Ngaphambi kwabo [bamelwe] iJahanamu; futhi konke [okuwumcebo] abakuzuzile ngeke kubasize ngalutho, kanjalo nalokho abaziqokele kona njengabahlengi ngaphandle kuka Allah; futhi bayothola isijeziso esinzima.

مِّن وَرَآئِهِمْ جَهَنَّمُ ۖ وَلَا يُغْنِى عَنْهُم مَّا كَسَبُوا۟ شَيْـًٔا وَلَا مَا ٱتَّخَذُوا۟ مِن دُونِ ٱللَّهِ أَوْلِيَآءَ ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿١٠﴾

11. Lokhu [iKurani] ukuholelwa; futhi labo abangakholwa yimibiko yeNkosi yabo bayothola isijeziso esibuhlungu esibi impela.

هَٰذَا هُدًى ۖ وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِ رَبِّهِمْ لَهُمْ عَذَابٌ مِّن رِّجْزٍ أَلِيمٌ ﴿١١﴾

12. U Allah nguYena onijubele ulwandle ukuze umkhumbi uhambe kulo ngokomyalelo waKhe nokuthi nithungathe umusa waKhe ukuze nibonge.

۞ ٱللَّهُ ٱلَّذِى سَخَّرَ لَكُمُ ٱلْبَحْرَ لِتَجْرِىَ ٱلْفُلْكُ فِيهِ بِأَمْرِهِۦ وَلِتَبْتَغُوا۟ مِن فَضْلِهِۦ وَلَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿١٢﴾

13. Futhi wanijubela konke okusemazulwini nasemhlabeni ngokwaKhe; impela kulokho kunezibonakaliso kubantu abahlaziyayo.

وَسَخَّرَ لَكُم مَّا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ جَمِيعًا مِّنْهُ ۚ إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَٰتٍ لِّقَوْمٍ يَتَفَكَّرُونَ ﴿١٣﴾

قُل لِّلَّذِينَ ءَامَنُواْ يَغۡفِرُواْ لِلَّذِينَ لَا يَرۡجُونَ أَيَّامَ ٱللَّهِ لِيَجۡزِيَ قَوۡمَۢا بِمَا كَانُواْ يَكۡسِبُونَ ﴿١٤﴾

14. Tshela laba abakholwayo ukuba baxolele labo abangakholelwa ezinsukwini [zezehlakalo] zika Allah, ukuze anikeze abantu umvuzo walokho ababekwenza.

مَنۡ عَمِلَ صَٰلِحٗا فَلِنَفۡسِهِۦۖ وَمَنۡ أَسَآءَ فَعَلَيۡهَاۖ ثُمَّ إِلَىٰ رَبِّكُمۡ تُرۡجَعُونَ ﴿١٥﴾

15. Lowo owenza okuhle, uzenzela yena; futhi lowo owenza okubi uzilaya yena; futhi niyobuyela eNkosini yenu.

وَلَقَدۡ ءَاتَيۡنَا بَنِيٓ إِسۡرَٰٓءِيلَ ٱلۡكِتَٰبَ وَٱلۡحُكۡمَ وَٱلنُّبُوَّةَ وَرَزَقۡنَٰهُم مِّنَ ٱلطَّيِّبَٰتِ وَفَضَّلۡنَٰهُمۡ عَلَى ٱلۡعَٰلَمِينَ ﴿١٦﴾

16. Futhi sanika isizwe sakwa Isirayeli iNcwadi nobuhlakani nobuthunywa saphinde sabahlinzeka ngokudla okumsulwa sabaqoka endalweni yonke [ngaleso sikhathi].

وَءَاتَيۡنَٰهُم بَيِّنَٰتٖ مِّنَ ٱلۡأَمۡرِۖ فَمَا ٱخۡتَلَفُوٓاْ إِلَّا مِنۢ بَعۡدِ مَا جَآءَهُمُ ٱلۡعِلۡمُ بَغۡيَۢا بَيۡنَهُمۡۚ إِنَّ رَبَّكَ يَقۡضِي بَيۡنَهُمۡ يَوۡمَ ٱلۡقِيَٰمَةِ فِيمَا كَانُواْ فِيهِ يَخۡتَلِفُونَ ﴿١٧﴾

17. Sabanika imiyalelo ecacile; kepha baphikisana emuva kokuba sebethole ulwazi ngenxa yokuzondana phakathi kwabo.

ثُمَّ جَعَلۡنَٰكَ عَلَىٰ شَرِيعَةٖ مِّنَ ٱلۡأَمۡرِ فَٱتَّبِعۡهَا وَلَا تَتَّبِعۡ أَهۡوَآءَ ٱلَّذِينَ لَا يَعۡلَمُونَ ﴿١٨﴾

18. Futhi sakuqokela wena [Muhamadi] inqubo mgomo; ngakhoke landela yona ungalandeli izinkanuko zalabo abangenalwazi.

إِنَّهُمۡ لَن يُغۡنُواْ عَنكَ مِنَ ٱللَّهِ شَيۡـٔٗاۚ وَإِنَّ ٱلظَّٰلِمِينَ بَعۡضُهُمۡ أَوۡلِيَآءُ بَعۡضٖۖ وَٱللَّهُ وَلِيُّ ٱلۡمُتَّقِينَ ﴿١٩﴾

19. Impela abasoze abkusiza ngalutho ku Allah. Futhi abaphambukile, abanye bangabangane kubanye; kepha u Allah ungumngani walabo abamthobelayo.

هَٰذَا بَصَآئِرُ لِلنَّاسِ وَهُدٗى وَرَحۡمَةٞ لِّقَوۡمٖ يُوقِنُونَ ﴿٢٠﴾

20. Lokhu [iKurani] kuwumhlahlandlela kubantu nokuholeka nomusa kubantu abanesiqiniseko.

أَمْ حَسِبَ ٱلَّذِينَ ٱجْتَرَحُوا۟ ٱلسَّيِّـَٔاتِ أَن نَّجْعَلَهُمْ كَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ سَوَآءً مَّحْيَاهُمْ وَمَمَاتُهُمْ ۚ سَآءَ مَا يَحْكُمُونَ ﴿٢١﴾

21. Ingabe laba abenza izimpambuko bacabanga ukuthi siyobenza bafane nalabo abakholwayo abenza okulungileyo, abaphilayo kubo nabangasekho na? Yaze yayiyimbi indlela abahlulela ngayo.

وَخَلَقَ ٱللَّهُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ بِٱلْحَقِّ وَلِتُجْزَىٰ كُلُّ نَفْسٍۭ بِمَا كَسَبَتْ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿٢٢﴾

22. Futhi u Allah udale amazulu nomhlaba ngeqiniso, nokuthi wonke umuntu athole umvuzo walokho akwenzile ngoku nobulungiswa.

أَفَرَءَيْتَ مَنِ ٱتَّخَذَ إِلَٰهَهُۥ هَوَىٰهُ وَأَضَلَّهُ ٱللَّهُ عَلَىٰ عِلْمٍ وَخَتَمَ عَلَىٰ سَمْعِهِۦ وَقَلْبِهِۦ وَجَعَلَ عَلَىٰ بَصَرِهِۦ غِشَٰوَةً فَمَن يَهْدِيهِ مِنۢ بَعْدِ ٱللَّهِ ۚ أَفَلَا تَذَكَّرُونَ ﴿٢٣﴾

23. Uyambona yini lona oseqoke izinkanuko zakhe kwaba yizo azikhonzayo, futhi u Allah wamdukisa – esenolwazi – wavala ukuzwa kwakhe nenhliziyo yakhe, wamboza amehlo akhe; ingabe ukhona yini ongamhola emuva kuka Allah na? Kungani ningathathi isifundo na?

وَقَالُوا۟ مَا هِىَ إِلَّا حَيَاتُنَا ٱلدُّنْيَا نَمُوتُ وَنَحْيَا وَمَا يُهْلِكُنَآ إِلَّا ٱلدَّهْرُ ۚ وَمَا لَهُم بِذَٰلِكَ مِنْ عِلْمٍ ۖ إِنْ هُمْ إِلَّا يَظُنُّونَ ﴿٢٤﴾

24. Futhi bathi: "Cha, impilo yethu yasemhlabeni, siyafa siphile; isikhathi kuphela esiyosibhubhisa". Abanalwazi ngalokho, bamane baziqagulela.

وَإِذَا تُتْلَىٰ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتُنَا بَيِّنَٰتٍ مَّا كَانَ حُجَّتَهُمْ إِلَّآ أَن قَالُوا۟ ٱئْتُوا۟ بِـَٔابَآئِنَآ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٢٥﴾

25. Uma befundelwa imibiko yeThu ecacile, elabo abambelela kulo elokuthi bathi: "Siletheleni okhokho bethu uma ngempela niqinisile".

قُلِ ٱللَّهُ يُحۡيِيكُمۡ ثُمَّ يُمِيتُكُمۡ ثُمَّ يَجۡمَعُكُمۡ إِلَىٰ يَوۡمِ ٱلۡقِيَٰمَةِ لَا رَيۡبَ فِيهِ وَلَٰكِنَّ أَكۡثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَعۡلَمُونَ ﴿٢٦﴾

26. Yithi: "Ngu Allah onipha impilo aphinde aniphuce yona futhi nguYe oyonibuthanisa ngosuku lokwahlulela olungengatshazwe; kodwa abantu abaningi abazi".

وَلِلَّهِ مُلۡكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۚ وَيَوۡمَ تَقُومُ ٱلسَّاعَةُ يَوۡمَئِذٖ يَخۡسَرُ ٱلۡمُبۡطِلُونَ ﴿٢٧﴾

27. Konke okusemazulwini nasemhlabeni ngokuka Allah; futhi ngosuku lapho iSikhathi [sokwahlulela] sifika, abaqambimanga bayolahlekelwa ngalolo suku.

وَتَرَىٰ كُلَّ أُمَّةٖ جَاثِيَةٗۚ كُلُّ أُمَّةٖ تُدۡعَىٰٓ إِلَىٰ كِتَٰبِهَا ٱلۡيَوۡمَ تُجۡزَوۡنَ مَا كُنتُمۡ تَعۡمَلُونَ ﴿٢٨﴾

28. Futhi uyobona zonke izizwe ziguqile; isizwe nesizwe siyobizelwa encwadini yaso [yezenzo]; [kuthiwe]: "Namhlanje nizonikezwa umvuzo walokho ebenikwenza".

هَٰذَا كِتَٰبُنَا يَنطِقُ عَلَيۡكُم بِٱلۡحَقِّۚ إِنَّا كُنَّا نَسۡتَنسِخُ مَا كُنتُمۡ تَعۡمَلُونَ ﴿٢٩﴾

29. Lena incwadi yeThu ikhuluma iqiniso ngani; impela besikuqopha konke ebenikwenza.

فَأَمَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ فَيُدۡخِلُهُمۡ رَبُّهُمۡ فِي رَحۡمَتِهِۦۚ ذَٰلِكَ هُوَ ٱلۡفَوۡزُ ٱلۡمُبِينُ ﴿٣٠﴾

30. Laba abakholwayo abenza nokulungileyo, iNkosi yabo izobangenisa emseni waYo; iyonake leyo impumelelo esobala.

وَأَمَّا ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ أَفَلَمۡ تَكُنۡ ءَايَٰتِي تُتۡلَىٰ عَلَيۡكُمۡ فَٱسۡتَكۡبَرۡتُمۡ وَكُنتُمۡ قَوۡمٗا مُّجۡرِمِينَ ﴿٣١﴾

31. Kuthi laba abangakholwa, [kuthiwe kubo]: "Kanti beningafundelwa yini imibiko Yami, kepha naziqhayisa futhi naningabantu abayizephula mthetho".

32. Uma kuthiwa kubo, "impela isithembiso sika Allah siyiqiniso futhi neSikhathi akuna kungabaza ngaso". Nithi: "Asazi ukuthi yini iSikhathi, siyaziqagelela nje futhi asinasiqiniseko".

وَإِذَا قِيلَ إِنَّ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقٌّ وَٱلسَّاعَةُ لَا رَيْبَ فِيهَا قُلْتُم مَّا نَدْرِى مَا ٱلسَّاعَةُ إِن نَّظُنُّ إِلَّا ظَنًّا وَمَا نَحْنُ بِمُسْتَيْقِنِينَ ﴿٣٢﴾

33. Kuyobacacela obala ububi balokho abakwenzile futhi bayohaqwa yilokho abahlekisa ngakho.

وَبَدَا لَهُمْ سَيِّـَٔاتُ مَا عَمِلُوا۟ وَحَاقَ بِهِم مَّا كَانُوا۟ بِهِۦ يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٣٣﴾

34. Futhi kuyothiwa: "Namhlanje siyanikhohlwa njengoba nani nakhohlwa umhlangano walolu suku lwenu futhi indawo yenu umlilo futhi akekho oyonisiza".

وَقِيلَ ٱلْيَوْمَ نَنسَىٰكُمْ كَمَا نَسِيتُمْ لِقَآءَ يَوْمِكُمْ هَٰذَا وَمَأْوَىٰكُمُ ٱلنَّارُ وَمَا لَكُم مِّن نَّٰصِرِينَ ﴿٣٤﴾

35. Lokho kungoba nenza imibiko ka Allah ihlaya nadukiswa impilo yasemhlabeni. Namhlanje, abayikuphuma kuwo [umlilo] futhi abayikunikwa thuba locela intethelelo.

ذَٰلِكُم بِأَنَّكُمُ ٱتَّخَذْتُمْ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ هُزُوًا وَغَرَّتْكُمُ ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَا ۚ فَٱلْيَوْمَ لَا يُخْرَجُونَ مِنْهَا وَلَا هُمْ يُسْتَعْتَبُونَ ﴿٣٥﴾

36. Ngakhoke, udumo lonke ngoluka Allah iNkosi yamazulu neNkosi yomhlaba iNkosi yendalo yonke.

فَلِلَّهِ ٱلْحَمْدُ رَبِّ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَرَبِّ ٱلْأَرْضِ رَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٣٦﴾

37. Ubukhulu ngobakhe emazulwini nasemhlabeni futhi unguSomandla Okhaliphile.

وَلَهُ ٱلْكِبْرِيَآءُ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٣٧﴾

(46) SURA AHKAFU
E-AHKAFU

سُورَةُ الْأَحْقَافِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ha-Mim.

حمٓ ﴿١﴾

2. [Lesi] isambulelo seNcwadi [iKurani] evela ku Allah onguSomandla Okhaliphile.

تَنزِيلُ ٱلْكِتَٰبِ مِنَ ٱللَّهِ ٱلْعَزِيزِ ٱلْحَكِيمِ ﴿٢﴾

3. Sadala amazulu nomhlaba nokuphakathi kwakho ngeqiniso futhi kuze kube isikhathi esibekiwe. Kepha laba abangakholwa bakushaya indiva lokho abexwayiswa ngakho.

مَا خَلَقْنَا ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ وَمَا بَيْنَهُمَآ إِلَّا بِٱلْحَقِّ وَأَجَلٍ مُّسَمًّى ۚ وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ عَمَّآ أُنذِرُوا۟ مُعْرِضُونَ ﴿٣﴾

4. Yithi: "Ake nibheke lokhu enikukhonzayo ngaphandle kuka Allah; ngitshengiseni ukuthi kudaleni emhlabeni kumbe kunegalelo emazulwini na? Ngiletheleni incwadi eyafika ngaphambi kwalena [iKurani] noma izinsalela zolwazi uma ngempela niqinisile.

قُلْ أَرَءَيْتُم مَّا تَدْعُونَ مِن دُونِ ٱللَّهِ ۖ أَرُونِى مَاذَا خَلَقُوا۟ مِنَ ٱلْأَرْضِ أَمْ لَهُمْ شِرْكٌ فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ ۖ ٱئْتُونِى بِكِتَٰبٍ مِّن قَبْلِ هَٰذَآ أَوْ أَثَٰرَةٍ مِّنْ عِلْمٍ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٤﴾

5. Ngubani oduke ukudlula lowo okhonza ngaphandle kuka Allah lokho okungeke kwamphendula kuze kufike usuku lokwahlulela futhi okungazi lutho ngemikhuleko yabo na?

وَمَنْ أَضَلُّ مِمَّن يَدْعُوا۟ مِن دُونِ ٱللَّهِ مَن لَّا يَسْتَجِيبُ لَهُۥٓ إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْقِيَٰمَةِ وَهُمْ عَن دُعَآئِهِمْ غَٰفِلُونَ ﴿٥﴾

وَإِذَا حُشِرَ ٱلنَّاسُ كَانُوا۟ لَهُمْ أَعْدَآءً وَكَانُوا۟ بِعِبَادَتِهِمْ كَٰفِرِينَ ﴿٦﴾

6. Futhi mhla abantu bebuthaniswa, ziyoba [izikhozwa] izitha zabo futhi bayophika ukuthi zazikhonzwa yibo.

وَإِذَا تُتْلَىٰ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتُنَا بَيِّنَٰتٍ قَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لِلْحَقِّ لَمَّا جَآءَهُمْ هَٰذَا سِحْرٌ مُّبِينٌ ﴿٧﴾

7. Uma befundelwa imibiko Yethu ecacile. Laba abangakholwa bathi ngeqiniso lapho lifika kubo: "Leli ilumbo elisobala".

أَمْ يَقُولُونَ ٱفْتَرَىٰهُ ۖ قُلْ إِنِ ٱفْتَرَيْتُهُۥ فَلَا تَمْلِكُونَ لِى مِنَ ٱللَّهِ شَيْـًٔا ۖ هُوَ أَعْلَمُ بِمَا تُفِيضُونَ فِيهِ ۚ كَفَىٰ بِهِۦ شَهِيدًۢا بَيْنِى وَبَيْنَكُمْ ۖ وَهُوَ ٱلْغَفُورُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٨﴾

8. Kumbe bathi, uziqambele yona na? Yithi: "Uma ngiziqambele yona, akukho-ke eningangisiza ngakho ku Allah; nguYena okwazi kahle konke enikushoyo ngayo [iKurani]; Yena wanele njengofakazi phakathi kwani nani futhi Ungumthetheleli Onesihawu.

قُلْ مَا كُنتُ بِدْعًا مِّنَ ٱلرُّسُلِ وَمَآ أَدْرِى مَا يُفْعَلُ بِى وَلَا بِكُمْ ۖ إِنْ أَتَّبِعُ إِلَّا مَا يُوحَىٰٓ إِلَىَّ وَمَآ أَنَا۠ إِلَّا نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿٩﴾

9. Yithi: "Angiyena owokuqala ukuba yiSithunywa futhi angazi ukuthi kuyokwenziwani ngami nokuthi kuyokwenziwani ngani; ngilandela nja lokho okwembulelwa kimi futhi ngingumexwayisi ocacisayo nje kuphela".

قُلْ أَرَءَيْتُمْ إِن كَانَ مِنْ عِندِ ٱللَّهِ وَكَفَرْتُم بِهِۦ وَشَهِدَ شَاهِدٌ مِّنۢ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ عَلَىٰ مِثْلِهِۦ فَـَٔامَنَ وَٱسْتَكْبَرْتُمْ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١٠﴾

10. Yithi: "Ake nisho, uma ivela ku Allah bese nina niyayiphika, futhi ufakazi wesizwe sakwa Isirayeli afakaze ngokufana nayo [iKurani] bese ekholwa, kulapho nina niziqhayisa; impela u Allah akabaholi abantu abangenabulungiswa".

وَقَالَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لِلَّذِينَ ءَامَنُواْ
لَوۡ كَانَ خَيۡرٗا مَّا سَبَقُونَآ إِلَيۡهِۚ وَإِذۡ لَمۡ
يَهۡتَدُواْ بِهِۦ فَسَيَقُولُونَ هَٰذَآ إِفۡكٞ
قَدِيمٞ ١١

11. Futhi laba abangakholwa bathi kulabo abakholwayo: "Ukube bekuyinto enhle, ngabe abasifikelanga kuyo kuqala". Futhi uma bengaholekanga ngayo bazothi: "Lokhu amanga aluhlaza akudala".

وَمِن قَبۡلِهِۦ كِتَٰبُ مُوسَىٰٓ إِمَامٗا
وَرَحۡمَةٗۚ وَهَٰذَا كِتَٰبٞ مُّصَدِّقٞ لِّسَانًا
عَرَبِيّٗا لِّيُنذِرَ ٱلَّذِينَ ظَلَمُواْ وَبُشۡرَىٰ
لِلۡمُحۡسِنِينَ ١٢

12. Futhi ngaphambili kwayo kwakuneNcwadi kaMusaeyabe ingumholi nomusa. Futhi leNcwadi iyaqinisekisa, ingolwimi lwesi Arabhu, ukuze labo abaphambukile baxwayiswe kuthi labo abenza okuhle bahalaliselwe.

إِنَّ ٱلَّذِينَ قَالُواْ رَبُّنَا ٱللَّهُ ثُمَّ ٱسۡتَقَٰمُواْ
فَلَا خَوۡفٌ عَلَيۡهِمۡ وَلَا هُمۡ يَحۡزَنُونَ ١٣

13. Impela labo abathi: "iNkosi yethu ngu Allah", bese baba qotho; abayikuba nakusaba futhi abayikukhathazeka.

أُوْلَٰٓئِكَ أَصۡحَٰبُ ٱلۡجَنَّةِ خَٰلِدِينَ فِيهَا
جَزَآءَۢ بِمَا كَانُواْ يَعۡمَلُونَ ١٤

14. Labo bayongena eJana bahlale kuyo unaphakade njengomvuzo walokho ababekwenza.

وَوَصَّيۡنَا ٱلۡإِنسَٰنَ بِوَٰلِدَيۡهِ إِحۡسَٰنًاۖ حَمَلَتۡهُ
أُمُّهُۥ كُرۡهٗا وَوَضَعَتۡهُ كُرۡهٗاۖ وَحَمۡلُهُۥ
وَفِصَٰلُهُۥ ثَلَٰثُونَ شَهۡرًاۚ حَتَّىٰٓ إِذَا بَلَغَ
أَشُدَّهُۥ وَبَلَغَ أَرۡبَعِينَ سَنَةٗ قَالَ رَبِّ
أَوۡزِعۡنِيٓ أَنۡ أَشۡكُرَ نِعۡمَتَكَ ٱلَّتِيٓ أَنۡعَمۡتَ
عَلَيَّ وَعَلَىٰ وَٰلِدَيَّ وَأَنۡ أَعۡمَلَ صَٰلِحٗا
تَرۡضَىٰهُ وَأَصۡلِحۡ لِي فِي ذُرِّيَّتِيٓۖ إِنِّي تُبۡتُ
إِلَيۡكَ وَإِنِّي مِنَ ٱلۡمُسۡلِمِينَ ١٥

15. Futhi sayalela umuntu ukuba aphathe kahle abazali bakhe; phela unina wamthwala kanzima wambeletha kanzima. Futhi ukumthwala kuze kube uyayeka ukuncela, yizinyanga ezingamashumi amathathu. Kuze kuthi uma esekhululile waqina waba neminyaka engamashumi amane, athi: "Nkosi yami, ngiphe Amandla okubonga izibusiso zaKho lezi ongibusise ngazo mina nabazali bami

nawokuthi ngikwazi ukwenza okulungileyo okukuthokozisayo futhi ungenzele uzalo lwami lube qotho, impela ngiyazisola kuWe ngicela intethelelo futhi ngongomunye wabazinikela kuWe [amaMusilimu]".

16. Yibona labo esiyokwamukela okuhle abakwenzayo futhi sibaxolele amaphutha abo kanye nabanye abayongena eJana; isethembiso seqiniso lesi ababethenjiswe sona.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ نَتَقَبَّلُ عَنْهُمْ أَحْسَنَ مَا عَمِلُواْ وَنَتَجَاوَزُ عَن سَيِّـَٔاتِهِمْ فِىٓ أَصْحَٰبِ ٱلْجَنَّةِ ۖ وَعْدَ ٱلصِّدْقِ ٱلَّذِى كَانُواْ يُوعَدُونَ ﴿١٦﴾

17. Futhi lowo othi kubazali bakhe: "hayi suka, nilokhu ningithembisa ukuthi ngiyophinde ngikhishwe [ethuneni], kulapho ziningi izizwe esezadlula ngaphambi kwami" – kepha bona belokhu becela usizo ku Allah – [bathi kuye] : "Kahle bo, kholwa; impela isethembiso sika Allah siyiqiniso". Uvele athi: "Lokhu izinganekwane zasemandulo".

وَٱلَّذِى قَالَ لِوَٰلِدَيْهِ أُفٍّ لَّكُمَآ أَتَعِدَانِنِىٓ أَنْ أُخْرَجَ وَقَدْ خَلَتِ ٱلْقُرُونُ مِن قَبْلِى وَهُمَا يَسْتَغِيثَانِ ٱللَّهَ وَيْلَكَ ءَامِنْ إِنَّ وَعْدَ ٱللَّهِ حَقٌّ فَيَقُولُ مَا هَٰذَآ إِلَّآ أَسَٰطِيرُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٧﴾

18. Yibona ke labo abafanelwe isinqumo [sembubhiso]sezizwe esezandlula ngaphambi kwabo, zamajini nabantu; impela balahlekelwa.

أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ حَقَّ عَلَيْهِمُ ٱلْقَوْلُ فِىٓ أُمَمٍ قَدْ خَلَتْ مِن قَبْلِهِم مِّنَ ٱلْجِنِّ وَٱلْإِنسِ ۖ إِنَّهُمْ كَانُواْ خَٰسِرِينَ ﴿١٨﴾

19. Futhi bonke bayoba nezigaba ngokwezenzo zabo; futhi uyobanika umvuzo wezenzo zabo ngokugcwele futhi akukho okungebulungiswa okuyokwenziwa kubo.

وَلِكُلٍّ دَرَجَٰتٌ مِّمَّا عَمِلُواْ ۖ وَلِيُوَفِّيَهُمْ أَعْمَٰلَهُمْ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿١٩﴾

20. Futhi ngosuku lapho laba abangakholwa beyosiwa emlilweni, [kuyothiwa kubo]: " Niziqede zonke izinto zenu ezimnandi empilweni yasemhlabeni futhi nazi jabulisa ngazo. Ngakhoke namhlanje nizohlonyuliswa ngesijeziso sehlazo ngenxa yokuziqhayisa kwenu emhlabeni ngokungemthetho nangokuphula kwenu umthetho".

وَيَوْمَ يُعْرَضُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ عَلَى ٱلنَّارِ أَذْهَبْتُمْ طَيِّبَٰتِكُمْ فِى حَيَاتِكُمُ ٱلدُّنْيَا وَٱسْتَمْتَعْتُم بِهَا فَٱلْيَوْمَ تُجْزَوْنَ عَذَابَ ٱلْهُونِ بِمَا كُنتُمْ تَسْتَكْبِرُونَ فِى ٱلْأَرْضِ بِغَيْرِ ٱلْحَقِّ وَبِمَا كُنتُمْ تَفْسُقُونَ ﴿٢٠﴾

21. Futhi landisa ngomfawo wesizwe sakwa Adi, mhla exwayisa isizwe sakhe endaweni yase Ahkafu[1], futhi ziningi izexwayiso esezandlula ngaphambili kwake, ezinye emuva kwakhe [zithi]: "Ningakhonzi lutho ngaphandle kuka Allah, impela nginisabela isijeziso sosuku olukhulu".

* وَٱذْكُرْ أَخَا عَادٍ إِذْ أَنذَرَ قَوْمَهُۥ بِٱلْأَحْقَافِ وَقَدْ خَلَتِ ٱلنُّذُرُ مِنۢ بَيْنِ يَدَيْهِ وَمِنْ خَلْفِهِۦٓ أَلَّا تَعْبُدُوٓا۟ إِلَّا ٱللَّهَ إِنِّىٓ أَخَافُ عَلَيْكُمْ عَذَابَ يَوْمٍ عَظِيمٍ ﴿٢١﴾

22. Bathi: "Uze kithi ukuzosisuza ezikhonzweni zethu na? Silethele lokhu olibe usithembisa kona uma ngempela ungoqinisile".

قَالُوٓا۟ أَجِئْتَنَا لِتَأْفِكَنَا عَنْ ءَالِهَتِنَا فَأْتِنَا بِمَا تَعِدُنَآ إِن كُنتَ مِنَ ٱلصَّٰدِقِينَ ﴿٢٢﴾

23. Wathi: "Ulwazi luku Allah, mina nginidlulisela lokho engithunywe nakho, kodwa nginibona ningabantu abayiziwula".

قَالَ إِنَّمَا ٱلْعِلْمُ عِندَ ٱللَّهِ وَأُبَلِّغُكُم مَّآ أُرْسِلْتُ بِهِۦ وَلَٰكِنِّىٓ أَرَىٰكُمْ قَوْمًا تَجْهَلُونَ ﴿٢٣﴾

24. Kuthe lapho bebona ifu liza ngasesigodini sabo, bathi: "Lefu lisilethele imvula". Empeleni yilokhu ebenikujahile, umoya onesijeziso esibuhlungu.

فَلَمَّا رَأَوْهُ عَارِضًا مُّسْتَقْبِلَ أَوْدِيَتِهِمْ قَالُوا۟ هَٰذَا عَارِضٌ مُّمْطِرُنَا ۖ بَلْ هُوَ مَا ٱسْتَعْجَلْتُم بِهِۦ ۖ رِيحٌ فِيهَا عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٢٤﴾

1 Indawo esezweni laseYemeni okwakuhlala kuyo isizwe sakwa Adi.

تُدَمِّرُ كُلَّ شَيْءٍۭ بِأَمْرِ رَبِّهَا فَأَصْبَحُوا۟
لَا يُرَىٰٓ إِلَّا مَسَٰكِنُهُمْ ۚ كَذَٰلِكَ نَجْزِى
ٱلْقَوْمَ ٱلْمُجْرِمِينَ ﴿٢٥﴾

25. Ubhubhisa yonke into ngokomyalelo weNkosi yawo. Kwasa bengabona ngaphandle nje kwemizi yabo. Sibahlomulisa kanjalo abantu abayizephula mthetho.

وَلَقَدْ مَكَّنَّٰهُمْ فِيمَآ إِن مَّكَّنَّٰكُمْ فِيهِ
وَجَعَلْنَا لَهُمْ سَمْعًا وَأَبْصَٰرًا وَأَفْـِٔدَةً فَمَآ
أَغْنَىٰ عَنْهُمْ سَمْعُهُمْ وَلَآ أَبْصَٰرُهُمْ وَلَآ
أَفْـِٔدَتُهُم مِّن شَىْءٍ إِذْ كَانُوا۟ يَجْحَدُونَ
بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ وَحَاقَ بِهِم مَّا كَانُوا۟ بِهِۦ
يَسْتَهْزِءُونَ ﴿٢٦﴾

26. Futhi sabapha lokho esinganiphanga nina futhi sabanika ukuzwa [izindlebe] namehlo nezinhliziyo. Kepha ukuzwa kwabo namehlo abo nezinhliziyo zabo akubasizanga ngalutho mhla bephika imibiko Yethu. Futhi bahaqwa yikho konke lokhu abekwenza inhlekisa.

وَلَقَدْ أَهْلَكْنَا مَا حَوْلَكُم مِّنَ ٱلْقُرَىٰ
وَصَرَّفْنَا ٱلْـَٔايَٰتِ لَعَلَّهُمْ يَرْجِعُونَ ﴿٢٧﴾

27. Futhi sabhubhisa imizi enakhelene nayo saphinde sacacisa imibiko ukuze bapheze.

فَلَوْلَا نَصَرَهُمُ ٱلَّذِينَ ٱتَّخَذُوا۟ مِن دُونِ
ٱللَّهِ قُرْبَانًا ءَالِهَةً ۖ بَلْ ضَلُّوا۟ عَنْهُمْ ۚ
وَذَٰلِكَ إِفْكُهُمْ وَمَا كَانُوا۟ يَفْتَرُونَ ﴿٢٨﴾

28. Kungabi kungabasizanga lokhu abakuqoke ngaphandle kuka Allah njengezikhonzwa abazisondeza ngazo [ku Allah] na; empeleni zabadukele. Futhi lokho ngamanga abo aluhlaza nalokho ababekuqamba.

وَإِذْ صَرَفْنَآ إِلَيْكَ نَفَرًا مِّنَ ٱلْجِنِّ
يَسْتَمِعُونَ ٱلْقُرْءَانَ فَلَمَّا حَضَرُوهُ قَالُوٓا۟
أَنصِتُوا۟ ۖ فَلَمَّا قُضِىَ وَلَّوْا۟ إِلَىٰ قَوْمِهِم
مُّنذِرِينَ ﴿٢٩﴾

29. Futhi khumbula mhla siletha kuwe iqulu lamajini ayezolalela iKurani. Kuthe lapho esefikile kuyo, athi: "Thulani". Kuthe lapho isiqediwe, abuyela emumva ezizweni zawo eyozixwayisa.

قَالُوا۟ يَٰقَوْمَنَآ إِنَّا سَمِعْنَا كِتَٰبًا أُنزِلَ مِنۢ
بَعْدِ مُوسَىٰ مُصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهِ

30. Bathi: "Bantu bakithi, impela sizwe iNcwadi eyembulelwe emuva kwaMusa, efakazela

lokho okungaphambi kwayo iholela eqinisweni nasendleleni eqondile".

31. Bantu bakithi, lalela uMmemi ka Allah futhi nikholelwe kuYe, uyonithethelela izimpambuko zenu aphinde anivikele esijezisweni esibuhlungu.

32. Lowo ongezukulalela uMmemi ka Allah, akasoze aphunyuka emhlabeni futhi akukho bahlengi ayobathola ngaphandle kuka Allah; labo babekudukeni okusobala.

33. Ababoni yini ukuthi u Allah nguYena odale amazulu nomhlaba futhi akazange kumehlule ukukudala kulapho unamandla okuvusa abafileyo. Kunjalo, impela akehlulwa yilutho.

34. Futhi ngosuku labo abangakholwa bayosiwa emlilweni [kuyothiwa kubo]: "Ingabe lokhu akusilona iqiniso na?" Bayothi: "Yilona Nkosi yethu". Uyothi [u Allah]: "Zwanini isijeziso ngenxa yalokho ebenikuphika".

35. Bekezela njengoba zabekezela iZithunywa zeMpokophelo; futhi ungabajahi. Futhi ngosuku lapho bayobona lokho abathenjiswe kona kuyoba ngathi bahlale isikhashana nje sasemini [emhlabeni]. [Lona] umlayezo. Ingabe ukhona obujiswayo ngaphandle kwabantu abayizephula mthetho na?

يَهْدِىٓ إِلَى ٱلْحَقِّ وَإِلَىٰ طَرِيقٍ
مُّسْتَقِيمٍ ﴿٣٠﴾

يَٰقَوْمَنَآ أَجِيبُوا۟ دَاعِىَ ٱللَّهِ وَءَامِنُوا۟ بِهِۦ
يَغْفِرْ لَكُم مِّن ذُنُوبِكُمْ وَيُجِرْكُم
مِّنْ عَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿٣١﴾

وَمَن لَّا يُجِبْ دَاعِىَ ٱللَّهِ فَلَيْسَ بِمُعْجِزٍ
فِى ٱلْأَرْضِ وَلَيْسَ لَهُۥ مِن دُونِهِۦٓ
أَوْلِيَآءُ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ فِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٣٢﴾

أَوَلَمْ يَرَوْا۟ أَنَّ ٱللَّهَ ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ
وَٱلْأَرْضَ وَلَمْ يَعْىَ بِخَلْقِهِنَّ بِقَٰدِرٍ عَلَىٰٓ
أَن يُحْۦِىَ ٱلْمَوْتَىٰ ۚ بَلَىٰٓ إِنَّهُۥ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ
قَدِيرٌ ﴿٣٣﴾

وَيَوْمَ يُعْرَضُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ عَلَى
ٱلنَّارِ أَلَيْسَ هَٰذَا بِٱلْحَقِّ ۖ قَالُوا۟ بَلَىٰ
وَرَبِّنَا ۚ قَالَ فَذُوقُوا۟ ٱلْعَذَابَ بِمَا كُنتُمْ
تَكْفُرُونَ ﴿٣٤﴾

فَٱصْبِرْ كَمَا صَبَرَ أُو۟لُوا۟ ٱلْعَزْمِ مِنَ
ٱلرُّسُلِ وَلَا تَسْتَعْجِل لَّهُمْ ۚ كَأَنَّهُمْ يَوْمَ
يَرَوْنَ مَا يُوعَدُونَ لَمْ يَلْبَثُوٓا۟ إِلَّا سَاعَةً
مِّن نَّهَارٍ ۚ بَلَٰغٌ ۚ فَهَلْ يُهْلَكُ إِلَّا ٱلْقَوْمُ
ٱلْفَٰسِقُونَ ﴿٣٥﴾

(47) SURA MUHAMADI
ISITHUNYWA UMUHAMADI

سُورَةُ مُحَمَّدٍ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Labo abangakholwa baphinde babe yizihibe endleleni ka Allah, izenzo zabo zidukile.

ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَصَدُّواْ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ أَضَلَّ أَعْمَٰلَهُمْ ﴿١﴾

2. Futhi labo abakholwayo abenza nokulungileyo baphinde bakholelwe kulokho okwembulelwe kuMuhamadi okuyiqiniso elivela eNkosini yabo; uyokwesula izimpambuko zabo futhi uyokwenza ngcono isimo sabo.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ وَءَامَنُواْ بِمَا نُزِّلَ عَلَىٰ مُحَمَّدٍ وَهُوَ ٱلْحَقُّ مِن رَّبِّهِمْ كَفَّرَ عَنْهُمْ سَيِّـَٔاتِهِمْ وَأَصْلَحَ بَالَهُمْ ﴿٢﴾

3. Lokho kungoba labo abangakholwa balandela umbhedo kuthi laba abakholwayo bona balandela iqiniso elivela eNkosini yabo. U Allah ubenzela kanjalo abantu imizekelo.

ذَٰلِكَ بِأَنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ ٱتَّبَعُواْ ٱلْبَٰطِلَ وَأَنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱتَّبَعُواْ ٱلْحَقَّ مِن رَّبِّهِمْ ۚ كَذَٰلِكَ يَضْرِبُ ٱللَّهُ لِلنَّاسِ أَمْثَٰلَهُمْ ﴿٣﴾

4. Uma nihlangana nalabo abangakholwa [empini], gencani imiqala, uma senibalimazile [baba buthaka] babopheni; ningabadedela mahala noma nibakhokhise inhlawulo kuze kuba impi iyaphela. Lowo [umyalelo]. Futhi ukube u Allah ubethanda ubezoqeda ngabo; kodwa bekungoba

فَإِذَا لَقِيتُمُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ فَضَرْبَ ٱلرِّقَابِ حَتَّىٰٓ إِذَآ أَثْخَنتُمُوهُمْ فَشُدُّواْ ٱلْوَثَاقَ فَإِمَّا مَنًّۢا بَعْدُ وَإِمَّا فِدَآءً حَتَّىٰ تَضَعَ ٱلْحَرْبُ أَوْزَارَهَا ۚ ذَٰلِكَ ۖ وَلَوْ يَشَآءُ ٱللَّهُ لَٱنتَصَرَ مِنْهُمْ وَلَٰكِن لِّيَبْلُوَاْ بَعْضَكُم بِبَعْضٍ ۗ وَٱلَّذِينَ قُتِلُواْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ فَلَن يُضِلَّ أَعْمَٰلَهُمْ ﴿٤﴾

ufuna ukuvivinya abanye benu ngabanye. Futhi labo [abakholwayo] ababulawe endleleni ka Allah, izenzo zabo azisoze zachitheka.

5. Uzobahola futhi enze ngcono isimo sabo.

سَيَهْدِيهِمْ وَيُصْلِحُ بَالَهُمْ ﴿٥﴾

6. Futhi uyobangenisa eJana lena abazobazisa yona kahle.

وَيُدْخِلُهُمُ ٱلْجَنَّةَ عَرَّفَهَا لَهُمْ ﴿٦﴾

7. Nina enikholwayo, uma nisiza u Allah [ngokusiza inkolo yaKhe], naYe uyonisiza futhi aqinise nezinyawo zenu.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِن تَنصُرُواْ ٱللَّهَ يَنصُرْكُمْ وَيُثَبِّتْ أَقْدَامَكُمْ ﴿٧﴾

8. Futhi laba abangakholwa bayobhujiswa futhi izenzo zabo [ezinhle] ayozenza ize.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُواْ فَتَعْسًا لَّهُمْ وَأَضَلَّ أَعْمَـٰلَهُمْ ﴿٨﴾

9. Lokho, kunganxa yokuthi abakuthandanga lokho okwembulelwe ngu Allah, ngakhoke wenza imisebenzi yabo yangaba namvuzo.

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ كَرِهُواْ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ فَأَحْبَطَ أَعْمَـٰلَهُمْ ﴿٩﴾

10. Ingabae abahambi yini emhlabeni, babheke ukuthi saba njani isiphetho salabo ababandulelayo; u Allah wababhubhisa, futhi laba abangakholwa bayothola okufanayo.

* أَفَلَمْ يَسِيرُواْ فِى ٱلْأَرْضِ فَيَنظُرُواْ كَيْفَ كَانَ عَـٰقِبَةُ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۖ دَمَّرَ ٱللَّهُ عَلَيْهِمْ ۖ وَلِلْكَـٰفِرِينَ أَمْثَـٰلُهَا ﴿١٠﴾

11. Lokho ngungenxa yokuthi u Allah unguMnakekeli walabo abakholwayo kanti laba abangakholwa abanaye umnakekeli.

ذَٰلِكَ بِأَنَّ ٱللَّهَ مَوْلَى ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَأَنَّ ٱلْكَـٰفِرِينَ لَا مَوْلَىٰ لَهُمْ ﴿١١﴾

إِنَّ ٱللَّهَ يُدۡخِلُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ جَنَّٰتٖ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُۖ وَٱلَّذِينَ كَفَرُواْ يَتَمَتَّعُونَ وَيَأۡكُلُونَ كَمَا تَأۡكُلُ ٱلۡأَنۡعَٰمُ وَٱلنَّارُ مَثۡوٗى لَّهُمۡ ١٢

12. Impela u Allah uyongenisa labo abakholwayo abenza nokulungileyo ezivandeni okugeleza imifula ngaphansi kwazo. Futhi laba abangakholwa bayancebeleka futhi badla njengezilwane; futhi umlilo yilapho beyophelela khona.

وَكَأَيِّن مِّن قَرۡيَةٍ هِيَ أَشَدُّ قُوَّةٗ مِّن قَرۡيَتِكَ ٱلَّتِيٓ أَخۡرَجَتۡكَ أَهۡلَكۡنَٰهُمۡ فَلَا نَاصِرَ لَهُمۡ ١٣

13. Futhi ziningi izizwe ezazinamandla ukudlula isizwe sakho [Muhamadi] lesi esakuxoshsa, esazibhubhisa; akuzange kube khona owayengazisiza.

أَفَمَن كَانَ عَلَىٰ بَيِّنَةٖ مِّن رَّبِّهِۦ كَمَن زُيِّنَ لَهُۥ سُوٓءُ عَمَلِهِۦ وَٱتَّبَعُوٓاْ أَهۡوَآءَهُم ١٤

14. Ingabe lowo onokucaciseleka okuvela eNkosini yakhe uyefana yini nalowo owenzele muhle ububi bezenzo zakhe futhi olandela izinkanuko zakhe na?

مَّثَلُ ٱلۡجَنَّةِ ٱلَّتِي وُعِدَ ٱلۡمُتَّقُونَۖ فِيهَآ أَنۡهَٰرٞ مِّن مَّآءٍ غَيۡرِ ءَاسِنٖ وَأَنۡهَٰرٞ مِّن لَّبَنٖ لَّمۡ يَتَغَيَّرۡ طَعۡمُهُۥ وَأَنۡهَٰرٞ مِّنۡ خَمۡرٖ لَّذَّةٖ لِّلشَّٰرِبِينَ وَأَنۡهَٰرٞ مِّنۡ عَسَلٖ مُّصَفّٗىۖ وَلَهُمۡ فِيهَا مِن كُلِّ ٱلثَّمَرَٰتِ وَمَغۡفِرَةٞ مِّن رَّبِّهِمۡۖ كَمَنۡ هُوَ خَٰلِدٞ فِي ٱلنَّارِ وَسُقُواْ مَآءً حَمِيمٗا فَقَطَّعَ أَمۡعَآءَهُمۡ ١٥

15. Ukuchaza iJana lena ethenjiswe labo abathobela u Allah: inemifula yamanzi angaguquki nemifula yobisi ukunambitheka kwalo okungaguquki nemifula yotshwala obumnandi kulabo abaphuzayo nemifula yoju olumsulwa; futhi kuyo bayothola yonke inhlobo yezithelo nentethelelo evela eNkosini yabo. Ingabe bayafana yini nalabo abayobhadla emlilweni unaphakade baphinde baphuziswe amanzi abilayo adabula amathumbu abo na?

16. Futhi kunalabo kubo abakulalelayo, kuthi lapho besuka kuwe bathi kulabo abanikwe ulwazi: "Usetheni mva nje?" Yibona kanye labo u Allah avale izinhliziyo zabo futhi balandela izinkanuko zabo.

وَمِنْهُم مَّن يَسْتَمِعُ إِلَيْكَ حَتَّىٰٓ إِذَا خَرَجُوا۟ مِنْ عِندِكَ قَالُوا۟ لِلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْعِلْمَ مَاذَا قَالَ ءَانِفًا ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ طَبَعَ ٱللَّهُ عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ وَٱتَّبَعُوٓا۟ أَهْوَآءَهُمْ ﴿١٦﴾

17. Futhi laba abaholelekile uyobandisela ukuholeleka aphinde abanike amandla okuthi bakwazi ukumthobela.

وَٱلَّذِينَ ٱهْتَدَوْا۟ زَادَهُمْ هُدًى وَءَاتَىٰهُمْ تَقْوَىٰهُمْ ﴿١٧﴾

18. Ingabe balindele iSikhathi [sokwahlulela] ukuba sifike kubo bengazelele na?; impela izinkomba zaso sezifikile; bayokhumbula kanjani lapho sesifikile kubo.

فَهَلْ يَنظُرُونَ إِلَّا ٱلسَّاعَةَ أَن تَأْتِيَهُم بَغْتَةً ۖ فَقَدْ جَآءَ أَشْرَاطُهَا ۚ فَأَنَّىٰ لَهُمْ إِذَا جَآءَتْهُمْ ذِكْرَىٰهُمْ ﴿١٨﴾

19. Iba nolwazi lokuthi akekho ofanele ukukhonzwa ngaphandle kuka Allah, futhi ucele intethelelo yezimpambuko zakho, ucelele nabakholwayo besilisa nesifazane intethelelo. u Allah wazi kahle ukuthi nenzani emini nasebusuku.

فَٱعْلَمْ أَنَّهُۥ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا ٱللَّهُ وَٱسْتَغْفِرْ لِذَنۢبِكَ وَلِلْمُؤْمِنِينَ وَٱلْمُؤْمِنَٰتِ ۗ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ مُتَقَلَّبَكُمْ وَمَثْوَىٰكُمْ ﴿١٩﴾

20. Futhi labo abakholwayo bathi: "Kwangathi kungembulelwa isahluko", kuthi lapho sesambulelwe isahluko esichazwe kahle kwabalulwa kuso ukulwa impi; ubona labo abanesifo ezinhlizweni zabo bekubheka okumuntu oqulekayo esaba ukufa. Obekufanele kubo…

وَيَقُولُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَوْلَا نُزِّلَتْ سُورَةٌ ۖ فَإِذَآ أُنزِلَتْ سُورَةٌ مُّحْكَمَةٌ وَذُكِرَ فِيهَا ٱلْقِتَالُ رَأَيْتَ ٱلَّذِينَ فِى قُلُوبِهِم مَّرَضٌ يَنظُرُونَ إِلَيْكَ نَظَرَ ٱلْمَغْشِىِّ عَلَيْهِ مِنَ ٱلْمَوْتِ ۖ فَأَوْلَىٰ لَهُمْ ﴿٢٠﴾

طَاعَةٌ وَقَوْلٌ مَّعْرُوفٌ ۚ فَإِذَا عَزَمَ ٱلْأَمْرُ فَلَوْ صَدَقُوا۟ ٱللَّهَ لَكَانَ خَيْرًا لَّهُمْ ﴿٢١﴾

21. Ukuba balalele futhi basho amagama amukelekile. Uma udaba selunqunyiwe [lokuphaka impi], ukube baba neqiniso ku Allah, kwakuyoba yikona okungcono kubo.

فَهَلْ عَسَيْتُمْ إِن تَوَلَّيْتُمْ أَن تُفْسِدُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ وَتُقَطِّعُوٓا۟ أَرْحَامَكُمْ ﴿٢٢﴾

22. Ingabe emuva kokushaya indiva [imibiko yeKurani nezimfundiso zeSithunywa], nizokwenza ukunokala emhlabeni niqede nobuhlo bemindeni yenu na?

أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ لَعَنَهُمُ ٱللَّهُ فَأَصَمَّهُمْ وَأَعْمَىٰٓ أَبْصَٰرَهُمْ ﴿٢٣﴾

23. Labo, yibona kanye u Allah abaqalekisile, wabenza izimumu nezimpumputhe.

أَفَلَا يَتَدَبَّرُونَ ٱلْقُرْءَانَ أَمْ عَلَىٰ قُلُوبٍ أَقْفَالُهَآ ﴿٢٤﴾

24. Kungani bengajuli bayihlaziye iKurani kumbe kunezihluthulelo ezinhlizweni na?

إِنَّ ٱلَّذِينَ ٱرْتَدُّوا۟ عَلَىٰٓ أَدْبَٰرِهِم مِّنۢ بَعْدِ مَا تَبَيَّنَ لَهُمُ ٱلْهُدَى ٱلشَّيْطَٰنُ سَوَّلَ لَهُمْ وَأَمْلَىٰ لَهُمْ ﴿٢٥﴾

25. Impela labo abafulathelayo badikile emuva kokuba iqiniso selibacacele, nguShayitani obayengayo nobalayelayo.

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ قَالُوا۟ لِلَّذِينَ كَرِهُوا۟ مَا نَزَّلَ ٱللَّهُ سَنُطِيعُكُمْ فِى بَعْضِ ٱلْأَمْرِ ۖ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ إِسْرَارَهُمْ ﴿٢٦﴾

26. Lokho, ngungenxa yokuthi bathi kulabo abazonda lokhu okwembulelwe ngu Allah: "Sizolalela kwezinye izinto". Futhi u Allah uzazi kahle izimfihlo zabo.

فَكَيْفَ إِذَا تَوَفَّتْهُمُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ يَضْرِبُونَ وُجُوهَهُمْ وَأَدْبَٰرَهُمْ ﴿٢٧﴾

27. Kuyoba njani mhla izingelosi sezithatha imiphefumulo yabo, zibashaya ebusweni nasemihlane yabo.

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمُ ٱتَّبَعُوا۟ مَآ أَسْخَطَ ٱللَّهَ وَكَرِهُوا۟ رِضْوَٰنَهُۥ فَأَحْبَطَ أَعْمَٰلَهُمْ ﴿٢٨﴾

28. Lokho ngungenxa yokuthi balandela lokho okuthukuthelisa u Allah futhi bangakufuna ukumjabulisa, wase wenza izenzo ize.

أَمْ حَسِبَ ٱلَّذِينَ فِى قُلُوبِهِم مَّرَضٌ أَن لَّن يُخْرِجَ ٱللَّهُ أَضْغَٰنَهُمْ ﴿٢٩﴾

29. Ingabe laba abanesifo ezinhlizweni zabo bacabanga ukuthi u Allah akasoze azikhipha ukungcola kwabo[1] na?

وَلَوْ نَشَآءُ لَأَرَيْنَٰكَهُمْ فَلَعَرَفْتَهُم بِسِيمَٰهُمْ ۚ وَلَتَعْرِفَنَّهُمْ فِى لَحْنِ ٱلْقَوْلِ ۚ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ أَعْمَٰلَكُمْ ﴿٣٠﴾

30. Futhi uma sithanda besingakubonisa bona; futhi ubuyobazi ngezimpawu zabo nangendlela yenkulumo. Futhi u Allah uzazi kahle izenzo zabo.

وَلَنَبْلُوَنَّكُمْ حَتَّىٰ نَعْلَمَ ٱلْمُجَٰهِدِينَ مِنكُمْ وَٱلصَّٰبِرِينَ وَنَبْلُوَا۟ أَخْبَارَكُمْ ﴿٣١﴾

31. Futhi siyolokhu sinivivnya size sazi labo abazikhandlayo [empini] phakathi kwenu nalabo abababekezelayo futhi sizonivivinya nasezenzweni zenu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَصَدُّوا۟ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ وَشَآقُّوا۟ ٱلرَّسُولَ مِنۢ بَعْدِ مَا تَبَيَّنَ لَهُمُ ٱلْهُدَىٰ لَن يَضُرُّوا۟ ٱللَّهَ شَيْـًٔا وَسَيُحْبِطُ أَعْمَٰلَهُمْ ﴿٣٢﴾

32. Impela labo abangakholwa abayizihibe endleleni ka Allah nabaphambana neSithunywa emuva kokuba iqiniso selibacacele, abasoze bamlimaza ngalutho u Allah futhi uyozisula izenzo zibe yize.

۞ يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ أَطِيعُوا۟ ٱللَّهَ وَأَطِيعُوا۟ ٱلرَّسُولَ وَلَا تُبْطِلُوٓا۟ أَعْمَٰلَكُمْ ﴿٣٣﴾

33. Nina enikholwayo, lalelani u Allah nolalele neSithunywa ningachithi izenzo zenu.

1 amagqubu, inzondo, ubutha, umona, njalonjalo, abanakho ngabakholwayo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَصَدُّواْ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ ثُمَّ مَاتُواْ وَهُمۡ كُفَّارٞ فَلَن يَغۡفِرَ ٱللَّهُ لَهُمۡ ﴿٣٤﴾

34. Impela labo abangakholwa nabayizihibe endleleni ka Allah bese befa besase ngabangakholwa, u Allah akasoze abathethelela.

فَلَا تَهِنُواْ وَتَدۡعُوٓاْ إِلَى ٱلسَّلۡمِ وَأَنتُمُ ٱلۡأَعۡلَوۡنَ وَٱللَّهُ مَعَكُمۡ وَلَن يَتِرَكُمۡ أَعۡمَٰلَكُمۡ ﴿٣٥﴾

35. Ningapheli amandla bese nihlongoza ukubeka phansi izikhali kube kuyinina eningaphezulu kulapho no Allah unani futhi akasoze aniqila ngomvuzo wezenzo zenu.

إِنَّمَا ٱلۡحَيَوٰةُ ٱلدُّنۡيَا لَعِبٞ وَلَهۡوٞۚ وَإِن تُؤۡمِنُواْ وَتَتَّقُواْ يُؤۡتِكُمۡ أُجُورَكُمۡ وَلَا يَسۡـَٔلۡكُمۡ أَمۡوَٰلَكُمۡ ﴿٣٦﴾

36. Impilo yasemhlabeni iwukudlala nokuchitha isikhathi. Uma nikholwa nithobele u Allah; uyoninika umvuzo wenu futhi akaniceli mcebo wenu.

إِن يَسۡـَٔلۡكُمُوهَا فَيُحۡفِكُمۡ تَبۡخَلُواْ وَيُخۡرِجۡ أَضۡغَٰنَكُمۡ ﴿٣٧﴾

37. Uma enganicela wona aniphoqelele; niyongoqa bese eveza ukungcola kwenu.

هَٰٓأَنتُمۡ هَٰٓؤُلَآءِ تُدۡعَوۡنَ لِتُنفِقُواْ فِي سَبِيلِ ٱللَّهِۖ فَمِنكُم مَّن يَبۡخَلُۖ وَمَن يَبۡخَلۡ فَإِنَّمَا يَبۡخَلُ عَن نَّفۡسِهِۦۚ وَٱللَّهُ ٱلۡغَنِيُّ وَأَنتُمُ ٱلۡفُقَرَآءُۚ وَإِن تَتَوَلَّوۡاْ يَسۡتَبۡدِلۡ قَوۡمًا غَيۡرَكُمۡ ثُمَّ لَا يَكُونُوٓاْ أَمۡثَٰلَكُم ﴿٣٨﴾

38. Yini futhi laba uma nibizwa ukuba nozonikela endleleni ka Allah, kunalabo phakathi kwenu abangongoqo. Futhi lowo ongungoqo uzincitsha yena uqobo. U Allah uzimele kepha nina niyichaka. Uma ninganendaba nigazihluphi uyobeka abanye abantu esikhundleni senu bese bengafani nani.

(48) SURA FAT'HU
UKUNQOBA

سُورَةُ الفَتۡحِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

إِنَّا فَتَحۡنَا لَكَ فَتۡحًا مُّبِينًا ﴿١﴾

لِّيَغۡفِرَ لَكَ ٱللَّهُ مَا تَقَدَّمَ مِن ذَنۢبِكَ وَمَا تَأَخَّرَ وَيُتِمَّ نِعۡمَتَهُۥ عَلَيۡكَ وَيَهۡدِيَكَ صِرَٰطًا مُّسۡتَقِيمًا ﴿٢﴾

وَيَنصُرَكَ ٱللَّهُ نَصۡرًا عَزِيزًا ﴿٣﴾

هُوَ ٱلَّذِيٓ أَنزَلَ ٱلسَّكِينَةَ فِي قُلُوبِ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ لِيَزۡدَادُوٓاْ إِيمَٰنًا مَّعَ إِيمَٰنِهِمۡۗ وَلِلَّهِ جُنُودُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلِيمًا حَكِيمًا ﴿٤﴾

لِّيُدۡخِلَ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ وَٱلۡمُؤۡمِنَٰتِ جَنَّٰتٖ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا وَيُكَفِّرَ عَنۡهُمۡ سَيِّـَٔاتِهِمۡۚ وَكَانَ ذَٰلِكَ عِندَ ٱللَّهِ فَوۡزًا عَظِيمًا ﴿٥﴾

1. Impela sikunqobele ukunqoba okusobala.
2. Ukuze u Allah akuthethelele izimpambuko zakho zaphambilini nezakusasa nokuthi aphelelelise izibusiso zaKhe kuwe aphinde akuholele endleleni eqondile.
3. Nokuthi u Allah akusize ngosizo olunamandla.
4. Nguyena lona owehlisela uzinzo ezinhlizweni zalabo abakholwayo ukuze bengeze ukholo phezu kokholo abanalo. Futhi u Allah unebutho lasemazulwini nasemhlabeni. Futhi impela u Allah ungoWaziyo Okhaliphile.
5. Ukuze angenise abakholwayo besilisa nesifazane ezivandeni okugeleza imifula ngezansi kwazo, bayohlala kuzo unaphakade; futhi uyokwesula izimpambuko zabo. Futhi lokho ku Allah iyona mpumelelo enkulu.

وَيُعَذِّبَ ٱلْمُنَٰفِقِينَ وَٱلْمُنَٰفِقَٰتِ وَٱلْمُشْرِكِينَ وَٱلْمُشْرِكَٰتِ ٱلظَّآنِّينَ بِٱللَّهِ ظَنَّ ٱلسَّوْءِ ۚ عَلَيْهِمْ دَآئِرَةُ ٱلسَّوْءِ ۖ وَغَضِبَ ٱللَّهُ عَلَيْهِمْ وَلَعَنَهُمْ وَأَعَدَّ لَهُمْ جَهَنَّمَ ۖ وَسَآءَتْ مَصِيرًا ﴿٦﴾

6. Nokuthi ajezise abazenzisi besilisa nabesifazane nabakhonzi bezithixo abesilisa nabesifazane, labo abanemindlizo emibi ngo Allah – ububi buzungeza bona – futhi u Allah ubathukuthelele wabaqalekisa waphinde wabalungiselela iJahanamu; saze sasibi isiphetho.

وَلِلَّهِ جُنُودُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَزِيزًا حَكِيمًا ﴿٧﴾

7. Futhi u Allah unebutho lasemazulwini nasemhlabeni; futhi impela uAllah unguSomandla Okhaliphile.

إِنَّآ أَرْسَلْنَٰكَ شَٰهِدًا وَمُبَشِّرًا وَنَذِيرًا ﴿٨﴾

8. Impela sikuthumele ukuba ube ufakazi nomethuli wezindaba ezinhle nomexwayisi.

لِّتُؤْمِنُوا۟ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ وَتُعَزِّرُوهُ وَتُوَقِّرُوهُ ۚ وَتُسَبِّحُوهُ بُكْرَةً وَأَصِيلًا ﴿٩﴾

9. Ukuze nikholelwe ku Allah neSithunywa saKhe niphinde nimsekele nimhloniphe futhi nimdumise ekuseni nantambama.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يُبَايِعُونَكَ إِنَّمَا يُبَايِعُونَ ٱللَّهَ يَدُ ٱللَّهِ فَوْقَ أَيْدِيهِمْ ۚ فَمَن نَّكَثَ فَإِنَّمَا يَنكُثُ عَلَىٰ نَفْسِهِۦ ۖ وَمَنْ أَوْفَىٰ بِمَا عَٰهَدَ عَلَيْهُ ٱللَّهَ فَسَيُؤْتِيهِ أَجْرًا عَظِيمًا ﴿١٠﴾

10. Impela labo abenza isibopho sokwethembeka kuwe; empeleni benza isibopho sokwethembeka ku Allah, iSandla sika Allah siphezu kwezandla zabo. Lowo-ke oyesephula uziphulela yena uqobo. Kepha lowo oyogcina lokho azibophezele ngakho ku Allah, uyomnika umvuzo omkhulu.

سَيَقُولُ لَكَ ٱلْمُخَلَّفُونَ مِنَ ٱلْأَعْرَابِ شَغَلَتْنَآ أَمْوَٰلُنَا وَأَهْلُونَا فَٱسْتَغْفِرْ لَنَا ۚ يَقُولُونَ بِأَلْسِنَتِهِم مَّا لَيْسَ فِى قُلُوبِهِمْ ۚ

11. Labo abasalela emuva [bangaya empini] abasemaphandleni bayothi: "Sixinwe impahla yethu nemindeni yethu,

ngakhoke sicelele intethelelo" – basho ngemilomo yabo lokho okungekho ezinhlizweni zabo. Yithi: "Ubani oyonisiza ku Allah uma efuna ukuba nehlelwe ubunzima noma nisizakale na?, empeleni u Allah unolwazi ngalokho enikwenzayo".

قُلْ فَمَن يَمْلِكُ لَكُم مِّنَ ٱللَّهِ شَيْـًٔا إِنْ أَرَادَ بِكُمْ ضَرًّا أَوْ أَرَادَ بِكُمْ نَفْعًا ۚ بَلْ كَانَ ٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرًا ﴿١١﴾

12. Empeleni benicabanga ukuthi iSithunywa nabakholwayo abasoze baphinde babuyele emindenini yabo futhi lokho kwazinza ezinhlizweni zenu naphinde naba nemindlizo emibi naba ngabantu abangenakho okuhle.

بَلْ ظَنَنتُمْ أَن لَّن يَنقَلِبَ ٱلرَّسُولُ وَٱلْمُؤْمِنُونَ إِلَىٰٓ أَهْلِيهِمْ أَبَدًا وَزُيِّنَ ذَٰلِكَ فِى قُلُوبِكُمْ وَظَنَنتُمْ ظَنَّ ٱلسَّوْءِ وَكُنتُمْ قَوْمًۢا بُورًا ﴿١٢﴾

13. Futhi lowo ongakholelwa ku Allah neSithunywa saKhe; impela thina silungiselele abangakholwa umlilo.

وَمَن لَّمْ يُؤْمِنۢ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ فَإِنَّآ أَعْتَدْنَا لِلْكَٰفِرِينَ سَعِيرًا ﴿١٣﴾

14. Futhi umbuso wasemazulwini nasemhlabeni ungoka Allah. Uthethelela amthandayo aphinde ajezise amthandayo. Futhi u allah Ungumthetheleli Onesihawu.

وَلِلَّهِ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ يَغْفِرُ لِمَن يَشَآءُ وَيُعَذِّبُ مَن يَشَآءُ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿١٤﴾

15. Uma seniya ukuthotha izimpango zempi, laba absalela emuva bayothi: "Siyekeni sinilandele". Bafuna ukuguqula Amazwi ka Allah. Yithi: "Anisoze nasilandela, usho njalo u Allah ngaphambilini". Bayothi: "Empeleni nisidlela umona". Vele abaqondi lutho ngaphandle nje kokungatheni.

سَيَقُولُ ٱلْمُخَلَّفُونَ إِذَا ٱنطَلَقْتُمْ إِلَىٰ مَغَانِمَ لِتَأْخُذُوهَا ذَرُونَا نَتَّبِعْكُمْ ۖ يُرِيدُونَ أَن يُبَدِّلُوا۟ كَلَٰمَ ٱللَّهِ ۚ قُل لَّن تَتَّبِعُونَا كَذَٰلِكُمْ قَالَ ٱللَّهُ مِن قَبْلُ ۖ فَسَيَقُولُونَ بَلْ تَحْسُدُونَنَا ۚ بَلْ كَانُوا۟ لَا يَفْقَهُونَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿١٥﴾

قُل لِّلْمُخَلَّفِينَ مِنَ ٱلْأَعْرَابِ سَتُدْعَوْنَ إِلَىٰ قَوْمٍ أُو۟لِى بَأْسٍ شَدِيدٍ تُقَٰتِلُونَهُمْ أَوْ يُسْلِمُونَ ۖ فَإِن تُطِيعُوا۟ يُؤْتِكُمُ ٱللَّهُ أَجْرًا حَسَنًا ۖ وَإِن تَتَوَلَّوْا۟ كَمَا تَوَلَّيْتُم مِّن قَبْلُ يُعَذِّبْكُمْ عَذَابًا أَلِيمًا ﴿١٦﴾

16. Yithi kulabo abasalela emuva kwabasemaphandleni: "Maduze nje nizobizelwa kubantu abantu abalwa ngamandla ukuze nilwe nabo noma bazinikele [ngaphandle kwempi]. Uma nilalela, u Allah uyoninika umvuzo omuhle; kepha uma nibalela njengoba nabaleka phambilini, uzonijezisa ngesijeziso esibuhlungu".

لَّيْسَ عَلَى ٱلْأَعْمَىٰ حَرَجٌ وَلَا عَلَى ٱلْأَعْرَجِ حَرَجٌ وَلَا عَلَى ٱلْمَرِيضِ حَرَجٌ ۗ وَمَن يُطِعِ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ يُدْخِلْهُ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ ۖ وَمَن يَتَوَلَّ يُعَذِّبْهُ عَذَابًا أَلِيمًا ﴿١٧﴾

17. Akunacala kulowo oyimpumputhe noyinquge nogulayo [uma besala bengayi empini]. Futhi lowo oyothobela u Allah neSithunywa saKhe, uzomngenisa ezivandeni okugeleza imifula ngezansi kwazo. Kepha lowo oyobaleka [ashaye indiva], uzomjezisa ngesijeziso esibuhlungu.

* لَّقَدْ رَضِىَ ٱللَّهُ عَنِ ٱلْمُؤْمِنِينَ إِذْ يُبَايِعُونَكَ تَحْتَ ٱلشَّجَرَةِ فَعَلِمَ مَا فِى قُلُوبِهِمْ فَأَنزَلَ ٱلسَّكِينَةَ عَلَيْهِمْ وَأَثَٰبَهُمْ فَتْحًا قَرِيبًا ﴿١٨﴾

18. U Allah wathokoza ngabakholwayo mhla benza isibopho sokuthembeka kuwe ngaphansi kwesihlahla. Futhi wakwazi lokho okusezinhlizweni zabo, wabe esebehlisela uzinzo futhi wabahlomulisa ngokunqoba [iMakha] okwasekuseduze.

وَمَغَانِمَ كَثِيرَةً يَأْخُذُونَهَا ۗ وَكَانَ ٱللَّهُ عَزِيزًا حَكِيمًا ﴿١٩﴾

19. Nangezimpango zempi eziningi abazozishaqa. Futhi u Allah impela unguSomandla Okhaliphile.

وَعَدَكُمُ ٱللَّهُ مَغَانِمَ كَثِيرَةً تَأْخُذُونَهَا
فَعَجَّلَ لَكُمْ هَٰذِهِۦ وَكَفَّ أَيْدِيَ
ٱلنَّاسِ عَنكُمْ وَلِتَكُونَ ءَايَةً لِّلْمُؤْمِنِينَ
وَيَهْدِيَكُمْ صِرَٰطًا مُّسْتَقِيمًا ﴿٢٠﴾

20. U Allah unithembise izimpango eziningi enizozishaqa; lezi unisheshisele zona futhi wanivikela ezandleni zabantu [ukuba banihlasela]; ukuze [lokho] kube isibonakaliso kwabakholwayo waphinde waniholela endleleni eqondile.

وَأُخْرَىٰ لَمْ تَقْدِرُوا۟ عَلَيْهَا قَدْ أَحَاطَ ٱللَّهُ
بِهَا ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرًا ﴿٢١﴾

21. Kunezinye eningakwazi ukuzithola, ngu Allah ozaziyo; futhi u Allah akahlula yilutho.

وَلَوْ قَٰتَلَكُمُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لَوَلَّوُا۟ ٱلْأَدْبَٰرَ
ثُمَّ لَا يَجِدُونَ وَلِيًّا وَلَا نَصِيرًا ﴿٢٢﴾

22. Uma laba abangakholwa bengalwa nani, bayobaleka futhi ngeke bathole mhlengi noma umsizi.

سُنَّةَ ٱللَّهِ ٱلَّتِى قَدْ خَلَتْ مِن قَبْلُ ۖ وَلَن
تَجِدَ لِسُنَّةِ ٱللَّهِ تَبْدِيلًا ﴿٢٣﴾

23. Lena inkambiso ka Allah kusukela kudala; futhi awusoze wathola ilalela lenkambiso ka Allah.

وَهُوَ ٱلَّذِى كَفَّ أَيْدِيَهُمْ عَنكُمْ
وَأَيْدِيَكُمْ عَنْهُم بِبَطْنِ مَكَّةَ مِنۢ
بَعْدِ أَنْ أَظْفَرَكُمْ عَلَيْهِمْ ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ بِمَا
تَعْمَلُونَ بَصِيرًا ﴿٢٤﴾

24. Futhi nguYena owabanqanda wanqanda nani [kwangaqubuka impi] maphakathi kwase Makha emuva kokuba enenze nabanqoba; futhi u Allah uyakubona konke enikwenzayo.

هُمُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَصَدُّوكُمْ عَنِ
ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ وَٱلْهَدْىَ مَعْكُوفًا
أَن يَبْلُغَ مَحِلَّهُۥ ۚ وَلَوْلَا رِجَالٌ مُّؤْمِنُونَ
وَنِسَآءٌ مُّؤْمِنَٰتٌ لَّمْ تَعْلَمُوهُمْ أَن
تَطَـُٔوهُمْ فَتُصِيبَكُم مِّنْهُم مَّعَرَّةٌۢ بِغَيْرِ
عِلْمٍ ۖ لِّيُدْخِلَ ٱللَّهُ فِى رَحْمَتِهِۦ مَن يَشَآءُ ۚ
لَوْ تَزَيَّلُوا۟ لَعَذَّبْنَا ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِنْهُمْ
عَذَابًا أَلِيمًا ﴿٢٥﴾

25. Yibona kanye abangakholwa nabaninqabela ukungena eMasijidi Haramu kulapho umhlatshelo ulindele ukufinyelela endaweni yawo. Ukube kwakungekho ngenxa yamadoda nabafazi abakholwayo eningabazi ebeningahle nibanyathele, bese ningena empambukweni nasehlazweni ningazi – [unenze

nabanqoba] ukuze angenise amthandayo emseni waKhe – futhi ukube babehlukaniseka, u Allah wayezobajezisa labo abangakholwa phakathi kwabo ngesijeziso esibuhlungu.

إِذْ جَعَلَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ فِى قُلُوبِهِمُ ٱلْحَمِيَّةَ حَمِيَّةَ ٱلْجَٰهِلِيَّةِ فَأَنزَلَ ٱللَّهُ سَكِينَتَهُۥ عَلَىٰ رَسُولِهِۦ وَعَلَى ٱلْمُؤْمِنِينَ وَأَلْزَمَهُمْ كَلِمَةَ ٱلتَّقْوَىٰ وَكَانُوٓا۟ أَحَقَّ بِهَا وَأَهْلَهَا ۚ وَكَانَ ٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمًا ﴿٢٦﴾

26. Mhla [u Allah] efaka inkani ezinhlizweni zalaba abangakholwa, inkani yobuwula; u Allah wabe esehlisela uzinzo kuSithunywa saKhe nakulabo abakholwayo futhi wabayalela ngamazwi okuthobela u Allah; futhi kwakuyibona okumele bawathole futhi ayefanele bona. Impela u Allah wazi zonke izinto.

لَّقَدْ صَدَقَ ٱللَّهُ رَسُولَهُ ٱلرُّءْيَا بِٱلْحَقِّ ۖ لَتَدْخُلُنَّ ٱلْمَسْجِدَ ٱلْحَرَامَ إِن شَآءَ ٱللَّهُ ءَامِنِينَ مُحَلِّقِينَ رُءُوسَكُمْ وَمُقَصِّرِينَ لَا تَخَافُونَ ۖ فَعَلِمَ مَا لَمْ تَعْلَمُوا۟ فَجَعَلَ مِن دُونِ ذَٰلِكَ فَتْحًا قَرِيبًا ﴿٢٧﴾

27. Impela u Allah walenza lafezeka ngeqiniso iphupho kuSithunywa saKhe. Nizongena eMasijidi Haramu – uma u Allah evuma – niphephile niphuce amakhanda noma niphungulile ningesabi lutho. Wazi lokhu nina eningakwazi, ngakhoke wahlela ukunqoba okuseduze ngaphambi kwalokho.

هُوَ ٱلَّذِىٓ أَرْسَلَ رَسُولَهُۥ بِٱلْهُدَىٰ وَدِينِ ٱلْحَقِّ لِيُظْهِرَهُۥ عَلَى ٱلدِّينِ كُلِّهِۦ ۚ وَكَفَىٰ بِٱللَّهِ شَهِيدًا ﴿٢٨﴾

28. NguYena lona owathumela iSithunywa saKhe nobuholi nenkolo yeqiniso ukuze ayidlondlobalise ngaphezu kwazo zoke izinkolo; futhi ungufakazi owenele.

مُّحَمَّدٞ رَّسُولُ ٱللَّهِۚ وَٱلَّذِينَ مَعَهُۥٓ أَشِدَّآءُ
عَلَى ٱلۡكُفَّارِ رُحَمَآءُ بَيۡنَهُمۡۖ تَرَىٰهُمۡ رُكَّعٗا
سُجَّدٗا يَبۡتَغُونَ فَضۡلٗا مِّنَ ٱللَّهِ وَرِضۡوَٰنٗاۖ
سِيمَاهُمۡ فِي وُجُوهِهِم مِّنۡ أَثَرِ ٱلسُّجُودِۚ
ذَٰلِكَ مَثَلُهُمۡ فِي ٱلتَّوۡرَىٰةِۚ وَمَثَلُهُمۡ فِي
ٱلۡإِنجِيلِ كَزَرۡعٍ أَخۡرَجَ شَطۡـَٔهُۥ فَـَٔازَرَهُۥ
فَٱسۡتَغۡلَظَ فَٱسۡتَوَىٰ عَلَىٰ سُوقِهِۦ يُعۡجِبُ
ٱلزُّرَّاعَ لِيَغِيظَ بِهِمُ ٱلۡكُفَّارَۗ وَعَدَ ٱللَّهُ
ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ مِنۡهُم
مَّغۡفِرَةٗ وَأَجۡرًا عَظِيمَۢا ٢٩

29. uMuhamadi isithunywa sika Allah. Futhi labo abanaye abanazwelo kulabo abangakholwa kepha banobele ngaphakathi. Ubabona bekhotheme bewe ngobuso phansi belangazelele umusa ovela ku Allah nenjabulo. Izimpawu zabo zisebusweni babo ngenxa yokuwa phansi ngobuso. Leyo indlela abachazwe ngayo kwiTora. Bese kuthi kwi Ininjili bachazwe njengesitshalo esikhipha ihlumela laso silisekele size siqine sime siqonde esiqwini saso, sithokozise abatshali ukuze athukuthelise abangakholwa ngabo. U Allah uthembise laba abakholwayo nabenza okulungileyo phakathi kwabo intethelelo nomvuzo omkhulu.

(49) SURA HUJIRATI
AMAGUMBI

سُورَةُ الحُجُرَاتِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تُقَدِّمُواْ بَيْنَ يَدَيِ ٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ ۖ وَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿١﴾

1. Nina enikholwayo, ningahambeli u Allah neSithunywa saKhe phambili, futhi nithobele u Allah; impela u Allah Ungozwayo Owaziyo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَرْفَعُوٓاْ أَصْوَٰتَكُمْ فَوْقَ صَوْتِ ٱلنَّبِيِّ وَلَا تَجْهَرُواْ لَهُۥ بِٱلْقَوْلِ كَجَهْرِ بَعْضِكُمْ لِبَعْضٍ أَن تَحْبَطَ أَعْمَٰلُكُمْ وَأَنتُمْ لَا تَشْعُرُونَ ﴿٢﴾

2. Nina enikholwayo ningaphakamisi amazwi ngaphezu kwezwi leSithunywa futhi ningakhulumeli phezulu lapho nikhuluma naso njengendlela abanye benu ababanga ngayo umsindo uma bekhuluma nabanye benu; funa izenzo zenu [ezinhle] zishabalale ningaboni.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَغُضُّونَ أَصْوَٰتَهُمْ عِندَ رَسُولِ ٱللَّهِ أُوْلَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ ٱمْتَحَنَ ٱللَّهُ قُلُوبَهُمْ لِلتَّقْوَىٰ ۚ لَهُم مَّغْفِرَةٌ وَأَجْرٌ عَظِيمٌ ﴿٣﴾

3. Impela labo abehlisa amazwi abo ngaphambi kweSithunywa sika Allah, yibona kanye labo u Allah ahlanze izinhliziyo zabo kwangena ukumthobela; bayothola intethelelo nomvuzo omkhulu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يُنَادُونَكَ مِن وَرَآءِ ٱلْحُجُرَٰتِ أَكْثَرُهُمْ لَا يَعْقِلُونَ ﴿٤﴾

4. Impela labo abakumemeza bengale kwamagumbi, iningi labo aliphusile.

وَلَوْ أَنَّهُمْ صَبَرُواْ حَتَّىٰ تَخْرُجَ إِلَيْهِمْ لَكَانَ خَيْرًا لَّهُمْ ۚ وَٱللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٥﴾

5. Ukube babekezelile waze waphuma waya kubo, bekuyoba ngcono kubo lokho. Futhi u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

6. Nina enikholwayo, uma isephula mthetho sethula kini udaba, kumele nilucubungule niluqinisekise, funa nihlasele abantu ngephutha bese niyazisola ngenikwenzile.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِن جَآءَكُمْ فَاسِقٌۢ بِنَبَإٍ فَتَبَيَّنُوٓاْ أَن تُصِيبُواْ قَوْمًۢا بِجَهَـٰلَةٍ فَتُصْبِحُواْ عَلَىٰ مَا فَعَلْتُمْ نَـٰدِمِينَ ٦

7. Futhi yazini ukuthi phakathi kwenu kuneSithunywa sika Allah; ukube besinilalela ezintweni eziningi besiyongena empambukweni. Kepha u Allaha unenze nathanda ukholo futhi walenza luhle ezinhlizweni zenu futhi wanenza nakuzonda ukungakholwa nokuphula umthetho nokweyisa. Labo basendleni eqondile.

وَٱعْلَمُوٓاْ أَنَّ فِيكُمْ رَسُولَ ٱللَّهِ ۚ لَوْ يُطِيعُكُمْ فِى كَثِيرٍ مِّنَ ٱلْأَمْرِ لَعَنِتُّمْ وَلَـٰكِنَّ ٱللَّهَ حَبَّبَ إِلَيْكُمُ ٱلْإِيمَـٰنَ وَزَيَّنَهُۥ فِى قُلُوبِكُمْ وَكَرَّهَ إِلَيْكُمُ ٱلْكُفْرَ وَٱلْفُسُوقَ وَٱلْعِصْيَانَ ۚ أُو۟لَـٰٓئِكَ هُمُ ٱلرَّٰشِدُونَ ٧

8. Umusa ovela ku Allah nezibusiso; futhi u Allah Uyazi Ukhaliphile.

فَضْلًا مِّنَ ٱللَّهِ وَنِعْمَةً ۚ وَٱللَّهُ عَلِيمٌ حَكِيمٌ ٨

9. Uma amaqembu amabili amaMusilimu elwa; walamuleni kube nokubuyisana phakathi kwawo. Uma elilodwa lawo lihlasela elinye, yilwani nalaleli elihlaselayo lize libuyele emthethweni ka Allah. Uma libuyela, walamuleni kube nokubuyisana phakathi kwawo ngobulungiswa. Futhi nibe nobulungiswa ngokuba u Allah uyabathanda abanobulungiswa.

وَإِن طَآئِفَتَانِ مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ٱقْتَتَلُواْ فَأَصْلِحُواْ بَيْنَهُمَا ۖ فَإِنۢ بَغَتْ إِحْدَىٰهُمَا عَلَى ٱلْأُخْرَىٰ فَقَـٰتِلُواْ ٱلَّتِى تَبْغِى حَتَّىٰ تَفِىٓءَ إِلَىٰٓ أَمْرِ ٱللَّهِ ۚ فَإِن فَآءَتْ فَأَصْلِحُواْ بَيْنَهُمَا بِٱلْعَدْلِ وَأَقْسِطُوٓاْ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلْمُقْسِطِينَ ٩

10. Impela abakholwayo bangabozalo; ngakhoke phathanani kahle nabozalo lwenu futhi nithobele u Allah ukuze nihawukelwe.

إِنَّمَا ٱلْمُؤْمِنُونَ إِخْوَةٌ فَأَصْلِحُوا۟ بَيْنَ أَخَوَيْكُمْ ۚ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ لَعَلَّكُمْ تُرْحَمُونَ ﴿١٠﴾

11. Nina enikholwayo, amadoda mawangenzi amanye amadoda inhlekisa hleze angcono kunabo. Kanjalo nabafazi mabangenzi abanye abafazi inhlekisa hleze bangcono kunabo. Futhi ningagconani, ningabizani futhi ngamagama amabi; libi kabi igama elihlambalazayo emuva kokholo. Labo abangaphezi bazisole; yibona kanye abaphambukile.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا يَسْخَرْ قَوْمٌ مِّن قَوْمٍ عَسَىٰٓ أَن يَكُونُوا۟ خَيْرًا مِّنْهُمْ وَلَا نِسَآءٌ مِّن نِّسَآءٍ عَسَىٰٓ أَن يَكُنَّ خَيْرًا مِّنْهُنَّ ۖ وَلَا تَلْمِزُوٓا۟ أَنفُسَكُمْ وَلَا تَنَابَزُوا۟ بِٱلْأَلْقَٰبِ ۖ بِئْسَ ٱلِٱسْمُ ٱلْفُسُوقُ بَعْدَ ٱلْإِيمَٰنِ ۚ وَمَن لَّمْ يَتُبْ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ﴿١١﴾

12. Nina enikholwayo, ziqhelisaneni kakhulu nemindlizo, impela eminye yemindlizo iyimpambuko. Ningahlolani futhi ningahlebani. Ingabe omunye wenu angathanda yini ukudla inyama yesidumbu somnewabo na? – nakanjani ngeke nikuthande – futhi thobelani u Allah; impela u Allah Uyathethelela Unesihawu.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱجْتَنِبُوا۟ كَثِيرًا مِّنَ ٱلظَّنِّ إِنَّ بَعْضَ ٱلظَّنِّ إِثْمٌ ۖ وَلَا تَجَسَّسُوا۟ وَلَا يَغْتَب بَّعْضُكُم بَعْضًا ۚ أَيُحِبُّ أَحَدُكُمْ أَن يَأْكُلَ لَحْمَ أَخِيهِ مَيْتًا فَكَرِهْتُمُوهُ ۚ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ تَوَّابٌ رَّحِيمٌ ﴿١٢﴾

13. Nina sintu, impela sinidale ngowelisa oyedwa nowesimame oyedwa [uyihlo u Adamu nonyoko uHawa], sase sinenza izizwe nezizwana ukuze nazane. Impela okunguyena ohloniphekile ku Allah phakathi yilowo omthobela ukunidlula nonke. Impela u Allah Uyazi Unolwazi.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّاسُ إِنَّا خَلَقْنَٰكُم مِّن ذَكَرٍ وَأُنثَىٰ وَجَعَلْنَٰكُمْ شُعُوبًا وَقَبَآئِلَ لِتَعَارَفُوٓا۟ ۚ إِنَّ أَكْرَمَكُمْ عِندَ ٱللَّهِ أَتْقَىٰكُمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٌ خَبِيرٌ ﴿١٣﴾

14. Owasemaphandleni wathi: "Siyakholwa". Yithi: "Anikakakholwa kodwa anibothi, 'sizinikele', ngokuba ukholo alukangeni ezinhlizweni zenu. Futhi uma nilalela u Allah neSithunywa saKhe, angeke nilahlekelwe lutho ezenzweni zenu [ezinhle nomvuzo wazo]. Impela u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

* قَالَتِ ٱلْأَعْرَابُ ءَامَنَّا ۖ قُل لَّمْ تُؤْمِنُوا۟ وَلَٰكِن قُولُوٓا۟ أَسْلَمْنَا وَلَمَّا يَدْخُلِ ٱلْإِيمَٰنُ فِى قُلُوبِكُمْ ۖ وَإِن تُطِيعُوا۟ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ لَا يَلِتْكُم مِّنْ أَعْمَٰلِكُمْ شَيْـًٔا ۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٤﴾

15. Okuyibona impela abakholwayo, yilabo abakholelwa ku Allah neSithunywa saKhe bese bengabi nokungabaza. Baphinde bazikhandle [ngokulwa] endleleni ka Allah ngemicebo yabo nangabo ziqu zabo uqobo; labo yibona abaneqiniso.

إِنَّمَا ٱلْمُؤْمِنُونَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ ثُمَّ لَمْ يَرْتَابُوا۟ وَجَٰهَدُوا۟ بِأَمْوَٰلِهِمْ وَأَنفُسِهِمْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلصَّٰدِقُونَ ﴿١٥﴾

16. Yithi: "Ingabe nifunda u Allah ngenkolo yenu na? kulapho u Allah azi konke okusemazulwini nasemhlabeni. Futhi u Allah wazi ngayo yonke into".

قُلْ أَتُعَلِّمُونَ ٱللَّهَ بِدِينِكُمْ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ ۚ وَٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿١٦﴾

17. Bakushwalela ngokuthi babe ngamaMusilimu. Yithi: "Ningangishabuleli mina ngeIsilamu yenu. Kepha ngu Allah onenzele umusa ngokuholela okholweni, uma ngempela nineqiniso.

يَمُنُّونَ عَلَيْكَ أَنْ أَسْلَمُوا۟ ۖ قُل لَّا تَمُنُّوا۟ عَلَىَّ إِسْلَٰمَكُم ۖ بَلِ ٱللَّهُ يَمُنُّ عَلَيْكُمْ أَنْ هَدَىٰكُمْ لِلْإِيمَٰنِ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿١٧﴾

18. Impela u Allah wazi okungabonwayo emazulwini nasemhlabeni; futhi u Allah ukubona konke enikwenzayo.

إِنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ غَيْبَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ وَٱللَّهُ بَصِيرٌۢ بِمَا تَعْمَلُونَ ﴿١٨﴾

(50) SURA KAFU
UHLAVU UKAFU

سُورَةُ قٓ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

قٓۚ وَٱلْقُرْءَانِ ٱلْمَجِيدِ ﴿١﴾

1. Kaf. Ngifunga ngeKurani ehloniphekile.

بَلْ عَجِبُوٓاْ أَن جَآءَهُم مُّنذِرٌ مِّنْهُمْ فَقَالَ ٱلْكَٰفِرُونَ هَٰذَا شَىْءٌ عَجِيبٌ ﴿٢﴾

2. Empeleni bamangazwe ukuthi kufike kubo umexwayisi ongomunye wabo, bathi laba abangakholwa: "Lesi isimanga sento".

أَءِذَا مِتْنَا وَكُنَّا تُرَابًاۖ ذَٰلِكَ رَجْعٌۢ بَعِيدٌ ﴿٣﴾

3. Ingabe uma sesifile saba inhlabathi [siyophinde sibuyele esimeni]; lokho ukubuya okusekudeni.

قَدْ عَلِمْنَا مَا تَنقُصُ ٱلْأَرْضُ مِنْهُمْۖ وَعِندَنَا كِتَٰبٌ حَفِيظٌۢ ﴿٤﴾

4. Impela sikwaze kahle lokho umhlaba okucuyayo kubo; futhi sineNcwadi elondloziwe.

بَلْ كَذَّبُواْ بِٱلْحَقِّ لَمَّا جَآءَهُمْ فَهُمْ فِىٓ أَمْرٍ مَّرِيجٍ ﴿٥﴾

5. Empeleni baphike iqiniso selifike kubo; baphithene.

أَفَلَمْ يَنظُرُوٓاْ إِلَى ٱلسَّمَآءِ فَوْقَهُمْ كَيْفَ بَنَيْنَٰهَا وَزَيَّنَّٰهَا وَمَا لَهَا مِن فُرُوجٍ ﴿٦﴾

6. Abasiboni yini isibhakabhaka ngaphezu kwabo ukuthi sisakhe kanjani sasihlobisa futhi asinambobo.

وَٱلْأَرْضَ مَدَدْنَٰهَا وَأَلْقَيْنَا فِيهَا رَوَٰسِىَ وَأَنۢبَتْنَا فِيهَا مِن كُلِّ زَوْجٍۭ بَهِيجٍ ﴿٧﴾

7. Nomhlaba siwundlalile safaka kuwo izikhonkwane [izintaba] futhi sakhiqiza kuwo yonke inhlobo enhle yesitshalo.

تَبْصِرَةً وَذِكْرَىٰ لِكُلِّ عَبْدٍ مُّنِيبٍ ﴿٨﴾

8. Ukuze kube imvulamehlo nesikhumbuzo kuleso naleso sigqila esizithobayo.

وَنَزَّلْنَا مِنَ ٱلسَّمَآءِ مَآءً مُّبَٰرَكًا فَأَنۢبَتْنَا بِهِۦ جَنَّٰتٍ وَحَبَّ ٱلْحَصِيدِ ﴿٩﴾

9. Futhi sehlise amanzi emvula abusisekile, sakhulisa ngawo izivande nezinhlamvu ezivunwayo[1].

وَٱلنَّخْلَ بَاسِقَٰتٍ لَّهَا طَلْعٌ نَّضِيدٌ ﴿١٠﴾

10. Nezihlahla zamasundu ezinde ezinezithelo eziyizixhobo.

رِّزْقًا لِّلْعِبَادِ ۖ وَأَحْيَيْنَا بِهِۦ بَلْدَةً مَّيْتًا ۚ كَذَٰلِكَ ٱلْخُرُوجُ ﴿١١﴾

11. Ukuze kube yisondlo kuzigqila. Saphinde savuselela ngawo [amanzi] indawo efile. Futhi nokuvuswa [kwabafileyo] kuyobanjalo.

كَذَّبَتْ قَبْلَهُمْ قَوْمُ نُوحٍ وَأَصْحَٰبُ ٱلرَّسِّ وَثَمُودُ ﴿١٢﴾

12. Ngaphambi kwabo, isizwe sika Nuhu nabantu base Rasi [umthombo] nabakwa Tamudi zaphika.

وَعَادٌ وَفِرْعَوْنُ وَإِخْوَٰنُ لُوطٍ ﴿١٣﴾

13. Kanjalo nabakwa Adi noFirawuni nabafowabo baka Luti.

وَأَصْحَٰبُ ٱلْأَيْكَةِ وَقَوْمُ تُبَّعٍ ۚ كُلٌّ كَذَّبَ ٱلرُّسُلَ فَحَقَّ وَعِيدِ ﴿١٤﴾

14. Nabantu bezivande [eMadiyana] nesizwe sika Tuba'. Bonke abazikholwanga iZithunywa, bafanelwa isijeziso.

أَفَعَيِينَا بِٱلْخَلْقِ ٱلْأَوَّلِ ۚ بَلْ هُمْ فِى لَبْسٍ مِّنْ خَلْقٍ جَدِيدٍ ﴿١٥﴾

15. Ingabe sehluleka yini ukudala okokuqala na?; empeleni bona banongabazana mayela nokudalwa kabusha [ukuvukeni kwabafileyo].

1 Njengombila, ukolo, amabele, njalonjalo.

16. Sadala umuntu futhi siyakwazi lokho izinkanuko zakhe ezimhlebela kona; phela siseduze kuye ukudlula umthambo wakhe.

وَلَقَدْ خَلَقْنَا ٱلْإِنسَٰنَ وَنَعْلَمُ مَا تُوَسْوِسُ بِهِۦ نَفْسُهُۥ ۖ وَنَحْنُ أَقْرَبُ إِلَيْهِ مِنْ حَبْلِ ٱلْوَرِيدِ ﴿١٦﴾

17. Lapho abaqophi ababili beqopha behleli ngakwesokunene nangakwesonxele.

إِذْ يَتَلَقَّى ٱلْمُتَلَقِّيَانِ عَنِ ٱلْيَمِينِ وَعَنِ ٱلشِّمَالِ قَعِيدٌ ﴿١٧﴾

18. Noma iyiphi inkulumo ayishoyo kunengqapheli enaye kuyo yonke indawo.

مَّا يَلْفِظُ مِن قَوْلٍ إِلَّا لَدَيْهِ رَقِيبٌ عَتِيدٌ ﴿١٨﴾

19. Bafika ubunzima bokufa ngeqiniso. Yilokho obuzama ukukubalekela.

وَجَآءَتْ سَكْرَةُ ٱلْمَوْتِ بِٱلْحَقِّ ۖ ذَٰلِكَ مَا كُنتَ مِنْهُ تَحِيدُ ﴿١٩﴾

20. Kuyoshaywa uphondo, lolo kuyobe kuwusuku oluthenjisiwe.

وَنُفِخَ فِى ٱلصُّورِ ۚ ذَٰلِكَ يَوْمُ ٱلْوَعِيدِ ﴿٢٠﴾

21. Wonke umuntu uzoza ehamba nomelusi nofakazi.

وَجَآءَتْ كُلُّ نَفْسٍ مَّعَهَا سَآئِقٌ وَشَهِيدٌ ﴿٢١﴾

22. Ubukade ungakulindele lokhu [usasemhlabeni]; isithiyo sakho sisisusile, ngakhoke namhlanje ukubona kwakho kubukhali.

لَّقَدْ كُنتَ فِى غَفْلَةٍ مِّنْ هَٰذَا فَكَشَفْنَا عَنكَ غِطَآءَكَ فَبَصَرُكَ ٱلْيَوْمَ حَدِيدٌ ﴿٢٢﴾

23. Ingqapheli yakhe [eqophayo] iyothi: "lokhu okukimi kumi ngomumu".

وَقَالَ قَرِينُهُۥ هَٰذَا مَا لَدَىَّ عَتِيدٌ ﴿٢٣﴾

24. [Kuyothiwa kuzingelosi ezimbili]: "Jikijelani eJahanamu lowo nalowo ongakholwa onekhanda eliqinile".

أَلْقِيَا فِى جَهَنَّمَ كُلَّ كَفَّارٍ عَنِيدٍ ﴿٢٤﴾

25. Ovimbela okuhle umndlwembe ongabazayo.

مَّنَّاعٍ لِّلْخَيْرِ مُعْتَدٍ مُّرِيبٍ ﴿٢٥﴾

26. Lona obhangqe u Allah nesinye isikhonzwa. Mjikijeleni esijezisweni esinzima.

ٱلَّذِى جَعَلَ مَعَ ٱللَّهِ إِلَٰهًا ءَاخَرَ فَأَلْقِيَاهُ فِى ٱلْعَذَابِ ٱلشَّدِيدِ ﴿٢٦﴾

27. Umngani wakhe [ongumdukisi] uyothi: "Nkosi yethu, akumina engimdukisile kepha nguyena vele obesekudukeni okujulile".

* قَالَ قَرِينُهُۥ رَبَّنَا مَآ أَطْغَيْتُهُۥ وَلَٰكِن كَانَ فِى ضَلَٰلٍۭ بَعِيدٍ ﴿٢٧﴾

28. Uyothi [u Allah]: "Ningalokhu niphikisana la phambi kwaMi, kade nganithumela isexwayiso phambilini".

قَالَ لَا تَخْتَصِمُوا۟ لَدَىَّ وَقَدْ قَدَّمْتُ إِلَيْكُم بِٱلْوَعِيدِ ﴿٢٨﴾

29. Isinqumo asiguquki kiMi futhi angisoze ngenza okungebulungiswa kusigqila.

مَا يُبَدَّلُ ٱلْقَوْلُ لَدَىَّ وَمَآ أَنَا۠ بِظَلَّٰمٍ لِّلْعَبِيدِ ﴿٢٩﴾

30. Ngosuku lapho siyothi kwi Jahanamu: "Ingabe usugcwele na?". Iyothi: "Bakhona abaseza na?".

يَوْمَ نَقُولُ لِجَهَنَّمَ هَلِ ٱمْتَلَأْتِ وَتَقُولُ هَلْ مِن مَّزِيدٍ ﴿٣٠﴾

31. Futhi iJana iyosondezwa eduze kwalabo abathobela u Allah.

وَأُزْلِفَتِ ٱلْجَنَّةُ لِلْمُتَّقِينَ غَيْرَ بَعِيدٍ ﴿٣١﴾

32. Lokhu yikona okuthenjiswe kulowo nalowo ozilahlayo noqaphelayo [imiyalelo ka Allah].

هَٰذَا مَا تُوعَدُونَ لِكُلِّ أَوَّابٍ حَفِيظٍ ﴿٣٢﴾

33. Lowo osaba Onomusa engamboni futhi oyofika nenhliziyo ezisolayo.

مَّنْ خَشِىَ ٱلرَّحْمَٰنَ بِٱلْغَيْبِ وَجَآءَ بِقَلْبٍ مُّنِيبٍ ﴿٣٣﴾

34. [Uyothi]: "Ngenani kuyo ngokuthula". Lolo usuku lwaphakade.

ٱدْخُلُوهَا بِسَلَٰمٍ ذَٰلِكَ يَوْمُ ٱلْخُلُودِ ﴿٣٤﴾

35. Bayothola abakuthandayo kuyo futhi sinokunye okungaphezulu.

لَهُم مَّا يَشَآءُونَ فِيهَا وَلَدَيْنَا مَزِيدٌ ﴿٣٥﴾

وَكَمْ أَهْلَكْنَا قَبْلَهُم مِّن قَرْنٍ هُمْ أَشَدُّ مِنْهُم بَطْشًا فَنَقَّبُوا۟ فِى ٱلْبِلَٰدِ هَلْ مِن مَّحِيصٍ ﴿٣٦﴾

36. Ziningi izizwe esazibhubhisa ngaphambi kwabo ezazinamandla ukudlula bona, balizulazula izwe ; ingabe ukhona owaphunyuka na?

إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَذِكْرَىٰ لِمَن كَانَ لَهُۥ قَلْبٌ أَوْ أَلْقَى ٱلسَّمْعَ وَهُوَ شَهِيدٌ ﴿٣٧﴾

37. Impela kulokho kunesikhumbuzo kulowo onenhliziyo eqondayo nolalelisayo futhi onakayo.

وَلَقَدْ خَلَقْنَا ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ وَمَا بَيْنَهُمَا فِى سِتَّةِ أَيَّامٍ وَمَا مَسَّنَا مِن لُّغُوبٍ ﴿٣٨﴾

38. Futhi sadala amazulu nomhlaba nokumaphakathi kwakho ezinsukwini eziyisithupha futhi asizange sikhathale[1].

فَٱصْبِرْ عَلَىٰ مَا يَقُولُونَ وَسَبِّحْ بِحَمْدِ رَبِّكَ قَبْلَ طُلُوعِ ٱلشَّمْسِ وَقَبْلَ ٱلْغُرُوبِ ﴿٣٩﴾

39. Ngakhoke kubekezelele lokho abakushoyo; ubabaze udumo lweNkosi yakho ngaphambi kokuphuma kwelanga nangaphambi kokuba lishone.

وَمِنَ ٱلَّيْلِ فَسَبِّحْهُ وَأَدْبَٰرَ ٱلسُّجُودِ ﴿٤٠﴾

40. Nasebusuku, idumise nasemuva kokukhothama [ukwenza iswala].

وَٱسْتَمِعْ يَوْمَ يُنَادِ ٱلْمُنَادِ مِن مَّكَانٍ قَرِيبٍ ﴿٤١﴾

41. Futhi lalela ngosuku lapho ummemezi eyomemeza endaweni eseduzane.

يَوْمَ يَسْمَعُونَ ٱلصَّيْحَةَ بِٱلْحَقِّ ذَٰلِكَ يَوْمُ ٱلْخُرُوجِ ﴿٤٢﴾

42. Ngosuku lapho beyozwa umsindo [wophondo] ngeqiniso. Lolo usuku lokhuphuma [emathuneni].

1 Kunenkoleloze ethi u Allah wakathala emva kokudala indalo, wase eqoka usuku ololodwa lokuphumula. Lokhu akulona iqiniso, empeleni umbhedo. Uma ngempela u Allah waphumula, ngubanike owayephethe izintabo nowayelawu indalo yonke na? Ingabe u Allah unephini nosekela na? Phinde!

43. Impela Thina siletha ukuphila siphinde sikuthathe futhi isiphetho sikithi.

44. Ngosuku lapho umhlaba uyoqhekeka ubavulekele baphume beshesha; lokho ukubuthanisa okulula kithi.

45. Thina sikwazi kahle abakushoyo, futhi wena awuphoqi muntu kubo; ngakhoke khumbuza ngeKurani lowo osaba isexwayiso saMi.

إِنَّا نَحْنُ نُحْيِۦ وَنُمِيتُ وَإِلَيْنَا ٱلْمَصِيرُ ﴿٤٣﴾

يَوْمَ تَشَقَّقُ ٱلْأَرْضُ عَنْهُمْ سِرَاعًا ۚ ذَٰلِكَ حَشْرٌ عَلَيْنَا يَسِيرٌ ﴿٤٤﴾

نَّحْنُ أَعْلَمُ بِمَا يَقُولُونَ ۖ وَمَآ أَنتَ عَلَيْهِم بِجَبَّارٍ ۖ فَذَكِّرْ بِٱلْقُرْءَانِ مَن يَخَافُ وَعِيدِ ﴿٤٥﴾

(51) SURA DHARIYATI
IMIMOYA ESUSA UTHULI

سُورَةُ الذَّارِيَاتِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngemimoya esusa uthuli.
2. Nangamafu athwala [amanzi] asindayo.
3. Nangemikhumbi ehamba kalula [olwandle].
4. Nangezingelosi ezaba imiyalelo [ka Allah].
5. Nakanjani lokhu enethenjiswe kona kuyiqiniso.
6. Futhi [uSuku] lokwahlulela nakanjani kuzokwenzeka.
7. Ngifunga ngesibhakabhaka esidalwe ngobuciko.
8. Impela nina ninemibono ephikisanayo [ngeKurani].
9. Uyodukiswa kuyo [iKurani] loyo oyodukiswa.
10. Baqalekisiwe labo abaqamba amanga.
11. Labo abanhlanhlatha benganandaba ekudukeni.
12. Babuza ukuthi lunini uSuku lokwahlulela.

وَٱلذَّٰرِيَٰتِ ذَرْوًا ﴿١﴾

فَٱلْحَٰمِلَٰتِ وِقْرًا ﴿٢﴾

فَٱلْجَٰرِيَٰتِ يُسْرًا ﴿٣﴾

فَٱلْمُقَسِّمَٰتِ أَمْرًا ﴿٤﴾

إِنَّمَا تُوعَدُونَ لَصَادِقٌ ﴿٥﴾

وَإِنَّ ٱلدِّينَ لَوَٰقِعٌ ﴿٦﴾

وَٱلسَّمَآءِ ذَاتِ ٱلْحُبُكِ ﴿٧﴾

إِنَّكُمْ لَفِى قَوْلٍ مُّخْتَلِفٍ ﴿٨﴾

يُؤْفَكُ عَنْهُ مَنْ أُفِكَ ﴿٩﴾

قُتِلَ ٱلْخَرَّٰصُونَ ﴿١٠﴾

ٱلَّذِينَ هُمْ فِى غَمْرَةٍ سَاهُونَ ﴿١١﴾

يَسْـَٔلُونَ أَيَّانَ يَوْمُ ٱلدِّينِ ﴿١٢﴾

13. Usuku lapho bona beyojeziswa ngomlilo.

يَوْمَ هُمْ عَلَى ٱلنَّارِ يُفْتَنُونَ ﴿١٣﴾

14. [kuthiwe]: "Zwanini isijeziso senu, yikho lokhu ebenikujahile".

ذُوقُواْ فِتْنَتَكُمْ هَٰذَا ٱلَّذِى كُنتُم بِهِۦ تَسْتَعْجِلُونَ ﴿١٤﴾

15. Impela abathobela u Allah bayongena ezivandeni nasemithonjeni.

إِنَّ ٱلْمُتَّقِينَ فِى جَنَّٰتٍ وَعُيُونٍ ﴿١٥﴾

16. Bayothatha lokho iNkosi yabo ebapha kona. Impela bona ngaphambi kwalokho babenza okuhle.

ءَاخِذِينَ مَآ ءَاتَىٰهُمْ رَبُّهُمْ ۚ إِنَّهُمْ كَانُواْ قَبْلَ ذَٰلِكَ مُحْسِنِينَ ﴿١٦﴾

17. Babelala kancane ebusuku.

كَانُواْ قَلِيلًا مِّنَ ٱلَّيْلِ مَا يَهْجَعُونَ ﴿١٧﴾

18. Futhi ezintathakusa babecela intethelelo.

وَبِٱلْأَسْحَارِ هُمْ يَسْتَغْفِرُونَ ﴿١٨﴾

19. Futhi nasemicebeni yabo kwakunesabelo socelayo nongaceli.

وَفِىٓ أَمْوَٰلِهِمْ حَقٌّ لِّلسَّآئِلِ وَٱلْمَحْرُومِ ﴿١٩﴾

20. Futhi nasemhlabeni kunezibonakaliso kulabo abanesiqiniseko.

وَفِى ٱلْأَرْضِ ءَايَٰتٌ لِّلْمُوقِنِينَ ﴿٢٠﴾

21. Nakini uqobo, ingabe aniboni na?

وَفِىٓ أَنفُسِكُمْ ۚ أَفَلَا تُبْصِرُونَ ﴿٢١﴾

22. Naphezulu kunesondlo senu nalokho enithenjiswe kona.

وَفِى ٱلسَّمَآءِ رِزْقُكُمْ وَمَا تُوعَدُونَ ﴿٢٢﴾

23. Ngiyifunge iNkosi yezulu nomhlaba, impela iyiqiniso [iKurani] njengoba nani nikwazi ukukhuluma.

فَوَرَبِّ ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ إِنَّهُۥ لَحَقٌّ مِّثْلَ مَآ أَنَّكُمْ تَنطِقُونَ ﴿٢٣﴾

24. Ifikile kuwe yini indaba yezivakashi zika Ibhirahimu ezihloniphekile.

هَلْ أَتَىٰكَ حَدِيثُ ضَيْفِ إِبْرَٰهِيمَ ٱلْمُكْرَمِينَ ﴿٢٤﴾

25. Mhla zingena kuye, zathi, "ukuthula". Wathi: "Ukuthula [kini] bantu abangaziwa.

إِذْ دَخَلُوا۟ عَلَيْهِ فَقَالُوا۟ سَلَٰمًا ۖ قَالَ سَلَٰمٌ قَوْمٌ مُّنكَرُونَ ﴿٢٥﴾

26. Waya emndenini wakhe wabuya nethole elinonile [elosiwe].

فَرَاغَ إِلَىٰٓ أَهْلِهِۦ فَجَآءَ بِعِجْلٍ سَمِينٍ ﴿٢٦﴾

27. Walisondeza kubo, wathi: "Anidli na?"

فَقَرَّبَهُۥٓ إِلَيْهِمْ قَالَ أَلَا تَأْكُلُونَ ﴿٢٧﴾

28. Waqala ukubesaba. Zathi: "Cha, ungesabi", bamhalalisela ngomfana onolwazi.

فَأَوْجَسَ مِنْهُمْ خِيفَةً ۖ قَالُوا۟ لَا تَخَفْ ۖ وَبَشَّرُوهُ بِغُلَٰمٍ عَلِيمٍ ﴿٢٨﴾

29. Umkakhe weza ememeza wazishaya ubuso wathi: "Isalukazi esiyinyumba?"

فَأَقْبَلَتِ ٱمْرَأَتُهُۥ فِى صَرَّةٍ فَصَكَّتْ وَجْهَهَا وَقَالَتْ عَجُوزٌ عَقِيمٌ ﴿٢٩﴾

30. Zathi: "isho kanjalo iNkosi yakho, impela Yona Ikhaliphile Inolwazi".

قَالُوا۟ كَذَٰلِكِ قَالَ رَبُّكِ ۖ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلْحَكِيمُ ٱلْعَلِيمُ ﴿٣٠﴾

31. Wathi [u Ibhirahimu]: "Luthini udaba lwenu zithunywa na?"

* قَالَ فَمَا خَطْبُكُمْ أَيُّهَا ٱلْمُرْسَلُونَ ﴿٣١﴾

32. Zathi: "Sithunyelwe kubantu abayiziphula mthetho".

قَالُوٓا۟ إِنَّآ أُرْسِلْنَآ إِلَىٰ قَوْمٍ مُّجْرِمِينَ ﴿٣٢﴾

33. Ukuze sithumele kubo amatshe obumba.

لِنُرْسِلَ عَلَيْهِمْ حِجَارَةً مِّن طِينٍ ﴿٣٣﴾

34. Abekiselwe izephula mthetho eNkosini yakho.

مُّسَوَّمَةً عِندَ رَبِّكَ لِلْمُسْرِفِينَ ﴿٣٤﴾

35. Sabakhipha bonke abakholwayo kuyo.

فَأَخْرَجْنَا مَن كَانَ فِيهَا مِنَ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٣٥﴾

36. Futhi asithongala ndlu yamaMusilimu ngaphandle kweyodwa vo.

فَمَا وَجَدْنَا فِيهَا غَيْرَ بَيْتٍ مِّنَ ٱلْمُسْلِمِينَ ﴿٣٦﴾

37. Sashiya futhi kuyo isibonakaliso kulabo abasaba isijeziso esibuhlungu.

وَتَرَكْنَا فِيهَآ ءَايَةً لِّلَّذِينَ يَخَافُونَ ٱلْعَذَابَ ٱلْأَلِيمَ ﴿٣٧﴾

38. Naku Musa [kunezifundo] mhla simthumela kuFirawuni nobufakazi obucacile.

وَفِي مُوسَىٰٓ إِذْ أَرْسَلْنَٰهُ إِلَىٰ فِرْعَوْنَ بِسُلْطَٰنٍ مُّبِينٍ ﴿٣٨﴾

39. Wakushaya indiva nebutho lakhe wathi: "Ungumlumbi noma uwuhlanya].

فَتَوَلَّىٰ بِرُكْنِهِۦ وَقَالَ سَٰحِرٌ أَوْ مَجْنُونٌ ﴿٣٩﴾

40. Samjezisa yena Kanye nebutho lakhe, sabantshingela emanzini egxekwa.

فَأَخَذْنَٰهُ وَجُنُودَهُۥ فَنَبَذْنَٰهُمْ فِى ٱلْيَمِّ وَهُوَ مُلِيمٌ ﴿٤٠﴾

41. Nakwa Adi, mhla sibathumelela ngomoya ongenasibusiso.

وَفِى عَادٍ إِذْ أَرْسَلْنَا عَلَيْهِمُ ٱلرِّيحَ ٱلْعَقِيمَ ﴿٤١﴾

42. Yonke into owayifica wayenza yaba ngathi kade yabuna yoma.

مَا تَذَرُ مِن شَىْءٍ أَتَتْ عَلَيْهِ إِلَّا جَعَلَتْهُ كَٱلرَّمِيمِ ﴿٤٢﴾

43. Nakwa *Tamudi*, mhla kuthiwa kubo: "Nethezekani okwesikhashana".

وَفِى ثَمُودَ إِذْ قِيلَ لَهُمْ تَمَتَّعُوا۟ حَتَّىٰ حِينٍ ﴿٤٣﴾

44. Kepha baphula umthetho weNkosi yabo, base behlaselwa umsindo [wembubhiso] bebhekile.

فَعَتَوْا۟ عَنْ أَمْرِ رَبِّهِمْ فَأَخَذَتْهُمُ ٱلصَّٰعِقَةُ وَهُمْ يَنظُرُونَ ﴿٤٤﴾

45. Abakwazanga ukusukuma futhi abakwazanga ukuzisiza.

فَمَا ٱسْتَطَٰعُوا۟ مِن قِيَامٍ وَمَا كَانُوا۟ مُنتَصِرِينَ ﴿٤٥﴾

46. Futhi [sabhubhisa] isizwe sikaNuhu ngaphambilini; impela babengabantu abaphula umthetho.

وَقَوْمَ نُوحٍ مِّن قَبْلُ ۖ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ قَوْمًا فَٰسِقِينَ ﴿٤٦﴾

47. Futhi isibhakabhaka sisidale ngamandla futhi siyakwazi ukusinweba.

وَٱلسَّمَآءَ بَنَيْنَٰهَا بِأَيْىٍ۟ وَإِنَّا لَمُوسِعُونَ ﴿٤٧﴾

48. Nomhlaba siwendlalile; buye singabandlali abanekhono.

وَٱلْأَرْضَ فَرَشْنَٰهَا فَنِعْمَ ٱلْمَٰهِدُونَ ﴿٤٨﴾

49. Futhi yonke into siyidale yaba ngakubili ukuze nilalele.

وَمِن كُلِّ شَىْءٍ خَلَقْنَا زَوْجَيْنِ لَعَلَّكُمْ تَذَكَّرُونَ ﴿٤٩﴾

50. Balekani nibuyele ku Allah; impela mina ngingumexwayisi ocacisayo kini ovela kuYe.

فَفِرُّوٓاْ إِلَى ٱللَّهِ ۖ إِنِّى لَكُم مِّنْهُ نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿٥٠﴾

51. Futhi ningabhangqi esinye isikhonzwa no Allah; impela mina ngingumexwayisi ocacisayo kini ovela kuYe.

وَلَا تَجْعَلُواْ مَعَ ٱللَّهِ إِلَٰهًا ءَاخَرَ ۖ إِنِّى لَكُم مِّنْهُ نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿٥١﴾

52. Njalo nje uma iSithunywa sifika kulabo abangaphambilini kwabo, babevele bathi: "Ungumlumbi noma uwuhlanya".

كَذَٰلِكَ مَآ أَتَى ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِم مِّن رَّسُولٍ إِلَّا قَالُواْ سَاحِرٌ أَوْ مَجْنُونٌ ﴿٥٢﴾

53. Ingabe bayelulekana ngakho na? Empeleni bangabantu abangamahlongandlebe.

أَتَوَاصَوْاْ بِهِۦ ۚ بَلْ هُمْ قَوْمٌ طَاغُونَ ﴿٥٣﴾

54. Bayeke kanje, angeke usolwe.

فَتَوَلَّ عَنْهُمْ فَمَآ أَنتَ بِمَلُومٍ ﴿٥٤﴾

55. Futhi khumbuza, ngokuba ukukhumbuza kuyabasiza abakholwayo.

وَذَكِّرْ فَإِنَّ ٱلذِّكْرَىٰ تَنفَعُ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿٥٥﴾

56. Futhi angiwadalelanga lutho amajini kanye nabantu ngaphandle kokuthi bakhonze Mina kuphela.

وَمَا خَلَقْتُ ٱلْجِنَّ وَٱلْإِنسَ إِلَّا لِيَعْبُدُونِ ﴿٥٦﴾

57. Angifuni sondlo kubo futhi angifuni ukuthi bangondle.

مَآ أُرِيدُ مِنْهُم مِّن رِّزْقٍ وَمَآ أُرِيدُ أَن يُطْعِمُونِ ﴿٥٧﴾

إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلرَّزَّاقُ ذُو ٱلْقُوَّةِ ٱلْمَتِينُ ﴿٥٨﴾

58. Impela u Allah nguYena uMondli onamandla Ongenakunyakaziswa.

فَإِنَّ لِلَّذِينَ ظَلَمُواْ ذَنُوبًا مِّثْلَ ذَنُوبِ أَصْحَٰبِهِمْ فَلَا يَسْتَعْجِلُونِ ﴿٥٩﴾

59. Impela labo abaphambukile banezimpambuko ezifana nezozakwabo [basendulo], ngakhoke mabangajahi.

فَوَيْلٌ لِّلَّذِينَ كَفَرُواْ مِن يَوْمِهِمُ ٱلَّذِى يُوعَدُونَ ﴿٦٠﴾

60. Imbubhiso kulabo abangakholwa ngosuku lolu abathenjiswe lona.

(52) SURA TURU
INTABA ITURI

سُورَةُ الطُّورِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngentaba *iTuri*. وَٱلطُّورِ ﴿١﴾
2. NangeNcwadi elotshiwe [iKurani]. وَكِتَٰبٍ مَّسْطُورٍ ﴿٢﴾
3. Emakhasini asatshalalisiswe. فِى رَقٍّ مَّنشُورٍ ﴿٣﴾
4. NangeNdlu ehlala iphithizela[1]. وَٱلْبَيْتِ ٱلْمَعْمُورِ ﴿٤﴾
5. Nangophahla oluphakeme [isibhakabhaka]. وَٱلسَّقْفِ ٱلْمَرْفُوعِ ﴿٥﴾
6. Nangolwandle oluphuphumayo [amanzi]. وَٱلْبَحْرِ ٱلْمَسْجُورِ ﴿٦﴾
7. Impela isijeziso esivela eNkosini yakho siyofika. إِنَّ عَذَابَ رَبِّكَ لَوَٰقِعٌ ﴿٧﴾
8. Akekho oyosivimba. مَّا لَهُۥ مِن دَافِعٍ ﴿٨﴾
9. Ngosuku lapho isibhakabhaka siyonyakaza. يَوْمَ تَمُورُ ٱلسَّمَآءُ مَوْرًا ﴿٩﴾
10. Nezintaba ziyohamba. وَتَسِيرُ ٱلْجِبَالُ سَيْرًا ﴿١٠﴾
11. Imbubhiso kulabo abaphikayo ngalolo suku. فَوَيْلٌ يَوْمَئِذٍ لِّلْمُكَذِّبِينَ ﴿١١﴾
12. Labo abagxile kumbhedo belibe ukuntela. ٱلَّذِينَ هُمْ فِى خَوْضٍ يَلْعَبُونَ ﴿١٢﴾

1 Njengoba kuneKabha lapha emhlabeni; kendlu okuthiwa *iBayitiMa'amuru* esezulwini, okuhlale kuphithizela kuyo izingelosi ngaso sonke isikhathi zidumisa u Allah.

13. Ngosuku lapho bayodudulelwa kanzima emlilweni waseJahanamu.

يَوْمَ يُدَعُّونَ إِلَىٰ نَارِ جَهَنَّمَ دَعًّا ﴿١٣﴾

14. [Kuyothiwa kubo]: "Yiwona ke lomlilo ebeniwuphika".

هَٰذِهِ ٱلنَّارُ ٱلَّتِي كُنتُم بِهَا تُكَذِّبُونَ ﴿١٤﴾

15. Ingabe ilumbo leli kumbe anisaboni kahle na?

أَفَسِحْرٌ هَٰذَآ أَمْ أَنتُمْ لَا تُبْصِرُونَ ﴿١٥﴾

16. Ngenani kuwo; bekezelani noma ningabekezeli kuyefana kini, ngokuba niyothola umvuzo walokho ebenikwenza.

ٱصْلَوْهَا فَٱصْبِرُوٓا۟ أَوْ لَا تَصْبِرُوا۟ سَوَآءٌ عَلَيْكُمْ ۖ إِنَّمَا تُجْزَوْنَ مَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿١٦﴾

17. Impela laba abathobela u Allah bayongena ezivandeni nentokomalo.

إِنَّ ٱلْمُتَّقِينَ فِى جَنَّٰتٍ وَنَعِيمٍ ﴿١٧﴾

18. Bayozitika ngalokho iNkosi yabo abaphe kona, futhi iNkosi yabo iyobahlenga esijezisweni somlilo.

فَٰكِهِينَ بِمَآ ءَاتَىٰهُمْ رَبُّهُمْ وَوَقَىٰهُمْ رَبُّهُمْ عَذَابَ ٱلْجَحِيمِ ﴿١٨﴾

19. [Kuyothiwa kubo]: "Dlanini niphuze ngokunethezeka ngenxa yalokho ebenikwenza".

كُلُوا۟ وَٱشْرَبُوا۟ هَنِيٓـًٔۢا بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿١٩﴾

20. Bayoqhiyama bahlale emibhedeni ebhekene futhi siyobashadisa namaHuru-Ayini[1].

مُتَّكِـِٔينَ عَلَىٰ سُرُرٍ مَّصْفُوفَةٍ ۖ وَزَوَّجْنَٰهُم بِحُورٍ عِينٍ ﴿٢٠﴾

21. Futhi labo abakholwayo balandelwa uzalo lwabo kukholo, siyobahlanganisa nozalo lwabo futhi angeke sinciphise lutho kuzenzo zabo. Wonke umuntu uyothwala imisebenzi yakhe.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَٱتَّبَعَتْهُمْ ذُرِّيَّتُهُم بِإِيمَٰنٍ أَلْحَقْنَا بِهِمْ ذُرِّيَّتَهُمْ وَمَآ أَلَتْنَٰهُم مِّنْ عَمَلِهِم مِّن شَىْءٍ ۚ كُلُّ ٱمْرِئٍۭ بِمَا كَسَبَ رَهِينٌ ﴿٢١﴾

1 Leli uhlobo lwabantu besimame abayotholakala eJana kuphela, abayiziphalaphala zoqobo.

22. Futhi siyobahlinzeka ngezithelo nenyama abayithandayo.

وَأَمْدَدْنَٰهُم بِفَٰكِهَةٍ وَلَحْمٍ مِّمَّا يَشْتَهُونَ ﴿٢٢﴾

23. Bayophuzisana kuzo [izivande] izinkamba zotshwala ezingenambhedo noma impambuko [obungadakani].

يَتَنَٰزَعُونَ فِيهَا كَأْسًا لَّا لَغْوٌ فِيهَا وَلَا تَأْثِيمٌ ﴿٢٣﴾

24. Bayosetshenzelwa abafana babo abafana nobuhlalu obumhlophe obufihlihliwe.

* وَيَطُوفُ عَلَيْهِمْ غِلْمَانٌ لَّهُمْ كَأَنَّهُمْ لُؤْلُؤٌ مَّكْنُونٌ ﴿٢٤﴾

25. Ababnye bayoya kwabanye bebuzana.

وَأَقْبَلَ بَعْضُهُمْ عَلَىٰ بَعْضٍ يَتَسَآءَلُونَ ﴿٢٥﴾

26. Bathi: "Impela phambilini ngenkathi sinemindeni yethu besisaba [isijeziso]"

قَالُوٓاْ إِنَّا كُنَّا قَبْلُ فِىٓ أَهْلِنَا مُشْفِقِينَ ﴿٢٦﴾

27. Kepha u Allah wasibusisa, wasihlenga esijezisweni sokushisa.

فَمَنَّ ٱللَّهُ عَلَيْنَا وَوَقَىٰنَا عَذَابَ ٱلسَّمُومِ ﴿٢٧﴾

28. Impela besikhuleka kuYe phambilini; impela Yena Unesihle Unesihawu.

إِنَّا كُنَّا مِن قَبْلُ نَدْعُوهُ ۖ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلْبَرُّ ٱلرَّحِيمُ ﴿٢٨﴾

29. Yeluleka ngokuba wena [Muhamadi] ngesibusiso seNkosi yakho awusiso isanusi noma ihlanya.

فَذَكِّرْ فَمَآ أَنتَ بِنِعْمَتِ رَبِّكَ بِكَاهِنٍ وَلَا مَجْنُونٍ ﴿٢٩﴾

30. Ingabe bathi: "Uyimbongi, silindele ukuba afe".

أَمْ يَقُولُونَ شَاعِرٌ نَّتَرَبَّصُ بِهِۦ رَيْبَ ٱلْمَنُونِ ﴿٣٠﴾

31. Yithi: "Lindani; impela nami ngilindile kanye nani".

قُلْ تَرَبَّصُواْ فَإِنِّى مَعَكُم مِّنَ ٱلْمُتَرَبِّصِينَ ﴿٣١﴾

32. Ingabe izingqondo zabo lezi ezibayalela ngalokhu na? Kumbe bangabantu abangamahlongandlebe.

أَمْ تَأْمُرُهُمْ أَحْلَٰمُهُم بِهَٰذَآ أَمْ هُمْ قَوْمٌ طَاغُونَ ﴿٣٢﴾

33. Kumbe bathi: "Uziqambele yona [iKurani]"; empeleni abakholwa.

أَمْ يَقُولُونَ تَقَوَّلَهُۥ ۚ بَل لَّا يُؤْمِنُونَ ﴿٣٣﴾

34. Mabalethe inkulumo efana nayo uma ngempela beqinisile.

فَلْيَأْتُوا۟ بِحَدِيثٍ مِّثْلِهِۦٓ إِن كَانُوا۟ صَٰدِقِينَ ﴿٣٤﴾

35. Kumbe badalwa ngeze noma yibona uqobo abadali na?

أَمْ خُلِقُوا۟ مِنْ غَيْرِ شَىْءٍ أَمْ هُمُ ٱلْخَٰلِقُونَ ﴿٣٥﴾

36. Kumbe badale amazulu nomhlaba na? empeleni abanasiqiniseko.

أَمْ خَلَقُوا۟ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ ۚ بَل لَّا يُوقِنُونَ ﴿٣٦﴾

37. Kumbe banemicebo yeNkosi yakho noma yibona abaphethe na?

أَمْ عِندَهُمْ خَزَآئِنُ رَبِّكَ أَمْ هُمُ ٱلْمُصَيْطِرُونَ ﴿٣٧﴾

38. Kumbe banesikhwelo [esifika ezulwini] abalalela ngaso na? Lowo olalelayo kubo makalethe ubufakazi obucacile.

أَمْ لَهُمْ سُلَّمٌ يَسْتَمِعُونَ فِيهِ ۖ فَلْيَأْتِ مُسْتَمِعُهُم بِسُلْطَٰنٍ مُّبِينٍ ﴿٣٨﴾

39. Kumbe Yena [uAllah] unamadodakazi kepha nina ninamadodana na?.

أَمْ لَهُ ٱلْبَنَٰتُ وَلَكُمُ ٱلْبَنُونَ ﴿٣٩﴾

40. Kumbe ubacela umvuzo, ngenxa yalokho kunzima ukuba bakhokhe.

أَمْ تَسْـَٔلُهُمْ أَجْرًا فَهُم مِّن مَّغْرَمٍ مُّثْقَلُونَ ﴿٤٠﴾

41. Kumbe banolwazi lokungabonwa, abalulobayo na?

أَمْ عِندَهُمُ ٱلْغَيْبُ فَهُمْ يَكْتُبُونَ ﴿٤١﴾

42. Kumbe bafuna ukwakha itulo; phela kulabo abangakholwa isikhuni sibuya nomkhwezeli.

أَمْ يُرِيدُونَ كَيْدًا ۖ فَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ هُمُ ٱلْمَكِيدُونَ ﴿٤٢﴾

43. Kumbe banomunye abamkhonzayo ngaphandle kuka Allah na? Ungcwele u Allah kunalokho abakubhangqayo.

أَمْ لَهُمْ إِلَٰهٌ غَيْرُ ٱللَّهِ ۚ سُبْحَٰنَ ٱللَّهِ عَمَّا يُشْرِكُونَ ﴿٤٣﴾

44. Futhi uma bengabona izingcezu ziwa esibhakabhakeni bayovele bathi: "Amafu alakanyene".

وَإِن يَرَوْا۟ كِسْفًا مِّنَ ٱلسَّمَآءِ سَاقِطًا يَقُولُوا۟ سَحَابٌ مَّرْكُومٌ ﴿٤٤﴾

45. Bayeke kanje baze bafike kulolu suku lapho beyobhijiswa khona.

فَذَرْهُمْ حَتَّىٰ يُلَٰقُوا۟ يَوْمَهُمُ ٱلَّذِى فِيهِ يُصْعَقُونَ ﴿٤٥﴾

46. Ngosuku lapho itulo labo lingeke labasiza ngalutho futhi abayikusizwa muntu.

يَوْمَ لَا يُغْنِى عَنْهُمْ كَيْدُهُمْ شَيْـًٔا وَلَا هُمْ يُنصَرُونَ ﴿٤٦﴾

47. Futhi labo abaphambukile bayothola esinye isijeziso ngaphambi kwaleso, kepha iningi labo alazi.

وَإِنَّ لِلَّذِينَ ظَلَمُوا۟ عَذَابًا دُونَ ذَٰلِكَ وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَهُمْ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٤٧﴾

48. Bekezelela isinqumo seNkosi yakho ngokuba wena sikuqaphile ngaMehlo eThu. Futhi ubabaze udumo lweNkosi yakho lapho usukuma [wenza iswala].

وَٱصْبِرْ لِحُكْمِ رَبِّكَ فَإِنَّكَ بِأَعْيُنِنَا ۖ وَسَبِّحْ بِحَمْدِ رَبِّكَ حِينَ تَقُومُ ﴿٤٨﴾

49. Nasebusuku, umdumise, nalapho kushabalala izinkanyezi [entathakusa].

وَمِنَ ٱلَّيْلِ فَسَبِّحْهُ وَإِدْبَٰرَ ٱلنُّجُومِ ﴿٤٩﴾

(53) SURA NAJAMU
INKANYEZI

سُورَةُ النَّجۡمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngenkanyezi lapho ishabalala.
وَٱلنَّجۡمِ إِذَا هَوَىٰ ١

2. Umlingani wenu [uMuhamadi] akadukanga futhi akaphambukanga.
مَا ضَلَّ صَاحِبُكُمۡ وَمَا غَوَىٰ ٢

3. Futhi akakhulumi okuvela kuzinkanunko.
وَمَا يَنطِقُ عَنِ ٱلۡهَوَىٰٓ ٣

4. Kuyisambulelo esambulelwayo.
إِنۡ هُوَ إِلَّا وَحۡيٞ يُوحَىٰ ٤

5. Ufundiswe yilowo onamandla [uJibhirili].
عَلَّمَهُۥ شَدِيدُ ٱلۡقُوَىٰ ٥

6. Omuhle, owaphakamela phezulu.
ذُو مِرَّةٖ فَٱسۡتَوَىٰ ٦

7. Esempelamehlo ephakeme.
وَهُوَ بِٱلۡأُفُقِ ٱلۡأَعۡلَىٰ ٧

8. Wabe esondozela eduze.
ثُمَّ دَنَا فَتَدَلَّىٰ ٨

9. Waba ibanga eliyiminsalo emibili noma okothe ukuba seduze.
فَكَانَ قَابَ قَوۡسَيۡنِ أَوۡ أَدۡنَىٰ ٩

10. Wabe [u Allah] esambulela esigqileni saKhe lokho okwambulela.
فَأَوۡحَىٰٓ إِلَىٰ عَبۡدِهِۦ مَآ أَوۡحَىٰ ١٠

11. Futhi inhliziyo ayiqambanga manga ngalokho ekubonile.
مَا كَذَبَ ٱلۡفُؤَادُ مَا رَأَىٰٓ ١١

12. Ingabe niyamphikisa ngalokho akubona na?
أَفَتُمَٰرُونَهُۥ عَلَىٰ مَا يَرَىٰ ١٢

13. Waphinde wambona kwenye indawo futhi.
وَلَقَدْ رَءَاهُ نَزْلَةً أُخْرَىٰ ﴿١٣﴾

14. Esihlahleni iSidirati sasemphelandaba.
عِندَ سِدْرَةِ ٱلْمُنتَهَىٰ ﴿١٤﴾

15. Ngakuso kuneJana yokukhosela.
عِندَهَا جَنَّةُ ٱلْمَأْوَىٰٓ ﴿١٥﴾

16. Imboza lokhu ekumbozayo iSidirati [ngobubanzi nobukhulu bayo].
إِذْ يَغْشَى ٱلسِّدْرَةَ مَا يَغْشَىٰ ﴿١٦﴾

17. Iso alizange liphazame noma liphambuke.
مَا زَاغَ ٱلْبَصَرُ وَمَا طَغَىٰ ﴿١٧﴾

18. Impela wabona izibonakaliso ezinkulu zeNkosi yakhe.
لَقَدْ رَأَىٰ مِنْ ءَايَٰتِ رَبِّهِ ٱلْكُبْرَىٰٓ ﴿١٨﴾

19. Niyababona oLati no Uza.
أَفَرَءَيْتُمُ ٱللَّٰتَ وَٱلْعُزَّىٰ ﴿١٩﴾

20. NoManati naye ongomunye wesithathu.
وَمَنَوٰةَ ٱلثَّالِثَةَ ٱلْأُخْرَىٰٓ ﴿٢٠﴾

21. Ingabe nina ninamadodana kepha Yena [u Allah] unamadodakazi na?
أَلَكُمُ ٱلذَّكَرُ وَلَهُ ٱلْأُنثَىٰ ﴿٢١﴾

22. Impela leso isabelo esingenabulungiswa.
تِلْكَ إِذًا قِسْمَةٌ ضِيزَىٰٓ ﴿٢٢﴾

23. Empeleni lana ngamagama eniziqambele wona nina nokhokho benu, akukho bufakazi bawo u Allah abembulele. Bamane balandela imidlinzo nalokho okukhanukwa imiphefumulo. Futhi kade kwafika kubo ukuholwa okuvela eNkosini yabo.
إِنْ هِىَ إِلَّآ أَسْمَآءٌ سَمَّيْتُمُوهَآ أَنتُمْ
وَءَابَآؤُكُم مَّآ أَنزَلَ ٱللَّهُ بِهَا مِن سُلْطَٰنٍ ۚ
إِن يَتَّبِعُونَ إِلَّا ٱلظَّنَّ وَمَا تَهْوَى ٱلْأَنفُسُ ۖ
وَلَقَدْ جَآءَهُم مِّن رَّبِّهِمُ ٱلْهُدَىٰٓ ﴿٢٣﴾

24. Kumbe umuntu uthola lokho akulangezelelayo na?
أَمْ لِلْإِنسَٰنِ مَا تَمَنَّىٰ ﴿٢٤﴾

25. Isiqalo nesiphetho ngesika Allah.
فَلِلَّهِ ٱلْءَاخِرَةُ وَٱلْأُولَىٰ ﴿٢٥﴾

26. Futhi ziningi izingelosi ezisemazulwini ukushweleza kwazo okungeke kwasiza ngalutho ngaphandle uma u Allah evumela owo amthandayo nathokoza ngaye.

* وَكَم مِّن مَّلَكٍ فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ لَا تُغۡنِي شَفَٰعَتُهُمۡ شَيۡـًٔا إِلَّا مِنۢ بَعۡدِ أَن يَأۡذَنَ ٱللَّهُ لِمَن يَشَآءُ وَيَرۡضَىٰٓ ٢٦

27. Impela laba abangakholelwa kwelizayo babiza izingelosi ngamagama esifazane.

إِنَّ ٱلَّذِينَ لَا يُؤۡمِنُونَ بِٱلۡأٓخِرَةِ لَيُسَمُّونَ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةَ تَسۡمِيَةَ ٱلۡأُنثَىٰ ٢٧

28. Futhi abanalwazi ngawo, ngaphandle nje kokuthi balendala imidlinzo; futhi imidlinzo ayisizi ngalutho uma kufika eqinisweni.

وَمَا لَهُم بِهِۦ مِنۡ عِلۡمٍۖ إِن يَتَّبِعُونَ إِلَّا ٱلظَّنَّۖ وَإِنَّ ٱلظَّنَّ لَا يُغۡنِي مِنَ ٱلۡحَقِّ شَيۡـٔٗا ٢٨

29. Myeke kanjalo lowo ofulathela isikhumbuzo seThu futhi olangezelela impilo yasemhlabeni kuphela.

فَأَعۡرِضۡ عَن مَّن تَوَلَّىٰ عَن ذِكۡرِنَا وَلَمۡ يُرِدۡ إِلَّا ٱلۡحَيَوٰةَ ٱلدُّنۡيَا ٢٩

30. Yilapho ulwazi lwabo luphelela khona. Impela iNkosi yakho iYona eyazi kahle ngalowo odukayo endleleni yaKhe nolowo ohelelekayo.

ذَٰلِكَ مَبۡلَغُهُم مِّنَ ٱلۡعِلۡمِۚ إِنَّ رَبَّكَ هُوَ أَعۡلَمُ بِمَن ضَلَّ عَن سَبِيلِهِۦ وَهُوَ أَعۡلَمُ بِمَنِ ٱهۡتَدَىٰ ٣٠

31. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokuka Allah; ukuze anike labo abenze okubi umvuzo wabo ngabakwenzile futhi nalabo abenze okuhle ngokuhle.

وَلِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِ لِيَجۡزِيَ ٱلَّذِينَ أَسَٰٓـُٔواْ بِمَا عَمِلُواْ وَيَجۡزِيَ ٱلَّذِينَ أَحۡسَنُواْ بِٱلۡحُسۡنَى ٣١

32. Labo abagwema izimpambuko ezinkulu namanyala ngaphandle ke kwamaphutha. Impela iNkosi yakho inentethelelo eyinala. Wazi kahle ngani kusuka lapho enidala emhlabeni nalapho

ٱلَّذِينَ يَجۡتَنِبُونَ كَبَٰٓئِرَ ٱلۡإِثۡمِ وَٱلۡفَوَٰحِشَ إِلَّا ٱللَّمَمَۚ إِنَّ رَبَّكَ وَٰسِعُ ٱلۡمَغۡفِرَةِۚ هُوَ أَعۡلَمُ بِكُمۡ إِذۡ أَنشَأَكُم مِّنَ ٱلۡأَرۡضِ وَإِذۡ أَنتُمۡ أَجِنَّةٞ فِي بُطُونِ أُمَّهَٰتِكُمۡۖ

ningamahlwili eziswini zonyoko. Ngakhoke ningazenzi ngcono; nguYena omazi kahle lowo omthobelayo.

فَلَا تُزَكُّوٓاْ أَنفُسَكُمۡۖ هُوَ أَعۡلَمُ بِمَنِ ٱتَّقَىٰٓ ٣٢

33. Uyambona lowo obalekayo na?

أَفَرَءَيۡتَ ٱلَّذِي تَوَلَّىٰ ٣٣

34. Owaphana kancane wase eyeka.

وَأَعۡطَىٰ قَلِيلٗا وَأَكۡدَىٰٓ ٣٤

35. Ingabe unolwazi lokungabonwa, wase ekwazi ukubona [ikusasa].

أَعِندَهُۥ عِلۡمُ ٱلۡغَيۡبِ فَهُوَ يَرَىٰٓ ٣٥

36. Ingabe akaziswanga ngalokho okusemiqulwini kaMusa na?.

أَمۡ لَمۡ يُنَبَّأۡ بِمَا فِي صُحُفِ مُوسَىٰ ٣٦

37. No Ibhirahimu, lona owagcina akuyalelwe.

وَإِبۡرَٰهِيمَ ٱلَّذِي وَفَّىٰٓ ٣٧

38. Ukuthi akekho oyothwala umthwalo womunye.

أَلَّا تَزِرُ وَازِرَةٞ وِزۡرَ أُخۡرَىٰ ٣٨

39. Nokuthi umuntu uyothola lokho akusebenzele.

وَأَن لَّيۡسَ لِلۡإِنسَٰنِ إِلَّا مَا سَعَىٰ ٣٩

40. Nokuthi imisebenzi yakhe iyobonakala.

وَأَنَّ سَعۡيَهُۥ سَوۡفَ يُرَىٰ ٤٠

41. Bese ethola umvuzo ogcwele ngayo.

ثُمَّ يُجۡزَىٰهُ ٱلۡجَزَآءَ ٱلۡأَوۡفَىٰ ٤١

42. Nokuthi isiphetho siseNkosini yakho.

وَأَنَّ إِلَىٰ رَبِّكَ ٱلۡمُنتَهَىٰ ٤٢

43. Nokuthi nguYena oletha injabulo nosizi.

وَأَنَّهُۥ هُوَ أَضۡحَكَ وَأَبۡكَىٰ ٤٣

44. Nokuthi nguYena oletha ukufa nempilo.

وَأَنَّهُۥ هُوَ أَمَاتَ وَأَحۡيَا ٤٤

45. Nokuthi nguYena owadala amabhangqa, isilisa nesifazane.

وَأَنَّهُۥ خَلَقَ ٱلزَّوۡجَيۡنِ ٱلذَّكَرَ وَٱلۡأُنثَىٰ ٤٥

46. Ngesidoda lapho siphuma.

مِن نُّطۡفَةٍ إِذَا تُمۡنَىٰ ٤٦

47. Nokuthi nguYena oyodala okwesibili [ngesikhathi sokuvuswa].

وَأَنَّ عَلَيْهِ ٱلنَّشْأَةَ ٱلْأُخْرَىٰ ﴿٤٧﴾

48. Nokuthi nguYena oletha ubunjinga nobumpofu.

وَأَنَّهُۥ هُوَ أَغْنَىٰ وَأَقْنَىٰ ﴿٤٨﴾

49. Nokuthi nguYena iNkosi yenkanyezi[1].

وَأَنَّهُۥ هُوَ رَبُّ ٱلشِّعْرَىٰ ﴿٤٩﴾

50. Nokuthi nguYena owabhubhisa isizwe sakwa Adi sasendulo.

وَأَنَّهُۥٓ أَهْلَكَ عَادًا ٱلْأُولَىٰ ﴿٥٠﴾

51. Nesakwa Tamudi, washashiya lutho [oluphilayo].

وَثَمُودَا۟ فَمَآ أَبْقَىٰ ﴿٥١﴾

52. Nesizwe sikaNuhu phambilini; impela babephambukile bengamahlongandlebe.

وَقَوْمَ نُوحٍ مِّن قَبْلُ ۖ إِنَّهُمْ كَانُوا۟ هُمْ أَظْلَمَ وَأَطْغَىٰ ﴿٥٢﴾

53. Nemizi eyagobondelwa wayiwisa.

وَٱلْمُؤْتَفِكَةَ أَهْوَىٰ ﴿٥٣﴾

54. Wayimboza ngalokho ayimboza ngakho.

فَغَشَّىٰهَا مَا غَشَّىٰ ﴿٥٤﴾

55. Yiziphike izibusiso zeNkosi yakho ozoziphika na?

فَبِأَىِّ ءَالَآءِ رَبِّكَ تَتَمَارَىٰ ﴿٥٥﴾

56. Lona ngumexwayisi njengalabo baphambilini.

هَٰذَا نَذِيرٌ مِّنَ ٱلنُّذُرِ ٱلْأُولَىٰٓ ﴿٥٦﴾

57. Sekasondele umsondeli [uSuku lokwahlulela].

أَزِفَتِ ٱلْآزِفَةُ ﴿٥٧﴾

58. Akhekho oyoluletha ngaphandle kuka Allah.

لَيْسَ لَهَا مِن دُونِ ٱللَّهِ كَاشِفَةٌ ﴿٥٨﴾

1 Enye yezinkanyezi ezazikhonzwa ngaphandle kuka Allah endulo. Njengoba nanamhlanje kusaseyinjwayelo ukuthola abantu abanezinkolelo thizeni ngezinkanyezi ezithize. U Allah nguYena uMnikazi nomlawuli wazo, ngakhoke nguYena okumele akhonzwe.

59. Ingabe nimangazwa yilenkulumo na?

أَفَمِنْ هَٰذَا ٱلْحَدِيثِ تَعْجَبُونَ ﴿٥٩﴾

60. Futhi niyahleka anikhali?

وَتَضْحَكُونَ وَلَا تَبْكُونَ ﴿٦٠﴾

61. Futhi ninganendaba.

وَأَنتُمْ سَٰمِدُونَ ﴿٦١﴾

62. Ngakhoke, khothamelani u Allah niwe ngobuso nimkhonze.

فَٱسْجُدُوا۟ لِلَّهِ وَٱعْبُدُوا۟ ۩ ﴿٦٢﴾

(54) SURA KAMARU
INYANGA [YONYEZI]

سُورَةُ القَمَرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. iSikhathi [sokwahlulela] sesisondele nenyanga seyiqhekekile.

ٱقْتَرَبَتِ ٱلسَّاعَةُ وَٱنشَقَّ ٱلْقَمَرُ ﴿١﴾

2. Uma bebona isibonakaliso, bayafulathela bathi: "Ilumbo eliyoshabalala".

وَإِن يَرَوْا۟ ءَايَةً يُعْرِضُوا۟ وَيَقُولُوا۟ سِحْرٌ مُّسْتَمِرٌّ ﴿٢﴾

3. Bayaphika baphinde balandele izinkanuko zabo. Futhi yonke into [enhle nembi] iyokwenzeka.

وَكَذَّبُوا۟ وَٱتَّبَعُوٓا۟ أَهْوَآءَهُمْ ۚ وَكُلُّ أَمْرٍ مُّسْتَقِرٌّ ﴿٣﴾

4. Futhi lufikile kubo ulwazi obeluqukethe isexwayiso.

وَلَقَدْ جَآءَهُم مِّنَ ٱلْأَنۢبَآءِ مَا فِيهِ مُزْدَجَرٌ ﴿٤﴾

5. Iwubuhlakani obunzulu; kepha izixwayiso azisizanga ngalutho.

حِكْمَةٌۢ بَٰلِغَةٌ ۖ فَمَا تُغْنِ ٱلنُّذُرُ ﴿٥﴾

6. Bashiye kanjalo; [kuze kube] usuku lapho isimemezi simemela entweni embi.

فَتَوَلَّ عَنْهُمْ ۘ يَوْمَ يَدْعُ ٱلدَّاعِ إِلَىٰ شَىْءٍ نُّكُرٍ ﴿٦﴾

7. Ubuso babo buyobe budangele; bayophuma emathuneni njengesikhonyane esisabalele.

خُشَّعًا أَبْصَٰرُهُمْ يَخْرُجُونَ مِنَ ٱلْأَجْدَاثِ كَأَنَّهُمْ جَرَادٌ مُّنتَشِرٌ ﴿٧﴾

8. Besheshisa beya kusimemezi. Labo abangakholwa bayothi: "Lolu usuku olunzima".

مُّهْطِعِينَ إِلَى ٱلدَّاعِ ۖ يَقُولُ ٱلْكَٰفِرُونَ هَٰذَا يَوْمٌ عَسِرٌ ﴿٨﴾

9. Ngaphambi kwabo isizwe sikaNuhu saphika, saphikisa isigqila seThu sathi: "Uhlanya", basatshiswa.

كَذَّبَتْ قَبْلَهُمْ قَوْمُ نُوحٍ فَكَذَّبُوا۟ عَبْدَنَا وَقَالُوا۟ مَجْنُونٌ وَٱزْدُجِرَ ﴿٩﴾

10. Wakhuleka eNkosini yakhe, [wathi]: "Ngihluliwe, lekelela".

فَدَعَا رَبَّهُۥٓ أَنِّى مَغْلُوبٌ فَٱنتَصِرْ ﴿١٠﴾

11. Savula iminyango yezulu ngamanzi agelezayo.

فَفَتَحْنَآ أَبْوَٰبَ ٱلسَّمَآءِ بِمَآءٍ مُّنْهَمِرٍ ﴿١١﴾

12. Saqhekeza imithombo emhlabeni, amanzi [angaphansi naphezulu] ahlanganela kumyalelo onqunyiwe.

وَفَجَّرْنَا ٱلْأَرْضَ عُيُونًا فَٱلْتَقَى ٱلْمَآءُ عَلَىٰٓ أَمْرٍ قَدْ قُدِرَ ﴿١٢﴾

13. Samgibeza entweni eyakhiwe ngezingqembe zokhuni nezikhonkwane [umkhumbi].

وَحَمَلْنَٰهُ عَلَىٰ ذَاتِ أَلْوَٰحٍ وَدُسُرٍ ﴿١٣﴾

14. Uhamba phambi kwaMehlo eThu njengomvuzo kulabo abangakholwa.

تَجْرِى بِأَعْيُنِنَا جَزَآءً لِّمَن كَانَ كُفِرَ ﴿١٤﴾

15. Futhi sawushiya waba isifundo; ingabe ukhona ozothatha isifundo na?

وَلَقَد تَّرَكْنَٰهَآ ءَايَةً فَهَلْ مِن مُّدَّكِرٍ ﴿١٥﴾

16. Besinjanike isijeziso sesixwayiso saMi na?

فَكَيْفَ كَانَ عَذَابِى وَنُذُرِ ﴿١٦﴾

17. Futhi impela senze iKurani yaba lula; ingabe ukhona oyothatha isifundo na?

وَلَقَدْ يَسَّرْنَا ٱلْقُرْءَانَ لِلذِّكْرِ فَهَلْ مِن مُّدَّكِرٍ ﴿١٧﴾

18. Isizwe sakwa Adi baphika [iqiniso]; saba njani ke isijeziso nesixwayiso saMi na?

كَذَّبَتْ عَادٌ فَكَيْفَ كَانَ عَذَابِى وَنُذُرِ ﴿١٨﴾

19. Impela sathumela kubo umoya oyisivunguvungu obandayo osukwini olubi oluyindeyinde.

إِنَّآ أَرْسَلْنَا عَلَيْهِمْ رِيحًا صَرْصَرًا فِى يَوْمِ نَحْسٍ مُّسْتَمِرٍّ ﴿١٩﴾

20. Wawunyomula abantu okwezihlahla zamasundu eziwile.

تَنزِعُ ٱلنَّاسَ كَأَنَّهُمْ أَعْجَازُ نَخْلٍ مُّنقَعِرٍ ﴿٢٠﴾

21. Saba njani isijeziso nesixwayiso sami na?

فَكَيْفَ كَانَ عَذَابِي وَنُذُرِ ﴿٢١﴾

22. Futhi impela senze iKurani yaba lula; ingebe ukhona oyothatha isifundo na?

وَلَقَدْ يَسَّرْنَا ٱلْقُرْءَانَ لِلذِّكْرِ فَهَلْ مِن مُّدَّكِرٍ ﴿٢٢﴾

23. Isizwe sakwa Tamudi saphika izexwayiso.

كَذَّبَتْ ثَمُودُ بِٱلنُّذُرِ ﴿٢٣﴾

24. Sathi: "Silandele umuntu wakithi oyedwa na? Impela siyobe sesidukile futhi sesihlanya".

فَقَالُوٓاْ أَبَشَرًا مِّنَّا وَٰحِدًا نَّتَّبِعُهُۥٓ إِنَّآ إِذًا لَّفِى ضَلَٰلٍ وَسُعُرٍ ﴿٢٤﴾

25. Wembulelwa kanjani isikhumbuzo phakathi kwethu; impela ungumqambi manga ozigqajayo.

أَءُلْقِىَ ٱلذِّكْرُ عَلَيْهِ مِنۢ بَيْنِنَا بَلْ هُوَ كَذَّابٌ أَشِرٌ ﴿٢٥﴾

26. Bayokwazi kusasa [kwelizayo] ukuthi ngubani umqambo manga ozigqajayo.

سَيَعْلَمُونَ غَدًا مَّنِ ٱلْكَذَّابُ ٱلْأَشِرُ ﴿٢٦﴾

27. Impela sizothumela ikameli njengisivivinyo kubo; ngakhoke babheke nje futhi ubekezele.

إِنَّا مُرْسِلُواْ ٱلنَّاقَةِ فِتْنَةً لَّهُمْ فَٱرْتَقِبْهُمْ وَٱصْطَبِرْ ﴿٢٧﴾

28. Futhi bazise ukuthi amanzi ayokwabela phakathi kwabo; kuphuza kudedelwana.

وَنَبِّئْهُمْ أَنَّ ٱلْمَآءَ قِسْمَةٌۢ بَيْنَهُمْ ۖ كُلُّ شِرْبٍ مُّحْتَضَرٌ ﴿٢٨﴾

29. Kepha babiza uzakwabo, walibamba waligenca [ikameli].

فَنَادَوْاْ صَاحِبَهُمْ فَتَعَاطَىٰ فَعَقَرَ ﴿٢٩﴾

30. Saba njani isijeziso nesixwayiso sami na?

فَكَيْفَ كَانَ عَذَابِي وَنُذُرِ ﴿٣٠﴾

31. Sathumela kubo umsindo owodwa, boma njengemihlanga ebiyela isibaya.

إِنَّآ أَرۡسَلۡنَا عَلَيۡهِمۡ صَيۡحَةٗ وَٰحِدَةٗ فَكَانُواْ كَهَشِيمِ ٱلۡمُحۡتَظِرِ ٣١

32. Futhi impela senze iKurani yaba lula; ingabe ukhona oyothatha isifundo na?

وَلَقَدۡ يَسَّرۡنَا ٱلۡقُرۡءَانَ لِلذِّكۡرِ فَهَلۡ مِن مُّدَّكِرٖ ٣٢

33. Isizwe sika Luti saphika izexwayiso.

كَذَّبَتۡ قَوۡمُ لُوطِۭ بِٱلنُّذُرِ ٣٣

34. Sathumela kubo imvula yamatshe ngaphandle komndeni kaLuti; sabahlenga entathakusa.

إِنَّآ أَرۡسَلۡنَا عَلَيۡهِمۡ حَاصِبًا إِلَّآ ءَالَ لُوطٖۖ نَّجَّيۡنَٰهُم بِسَحَرٖ ٣٤

35. Njengesibusiso esivela kithi; phela sibahlomulisa kanjalo ababongayo.

نِّعۡمَةٗ مِّنۡ عِندِنَاۚ كَذَٰلِكَ نَجۡزِي مَن شَكَرَ ٣٥

36. Futhi wabaxwayisa ngesijeziso seThu kepha baziphika izexwayiso.

وَلَقَدۡ أَنذَرَهُم بَطۡشَتَنَا فَتَمَارَوۡاْ بِٱلنُّذُرِ ٣٦

37. Futhi bazama ukuzo yenza amanyala kuzivakashi zakhe; senza amehlo angabona, [kwathiwa kubo]: "Zwanini isijeziso nesixwayiso saMi".

وَلَقَدۡ رَٰوَدُوهُ عَن ضَيۡفِهِۦ فَطَمَسۡنَآ أَعۡيُنَهُمۡ فَذُوقُواْ عَذَابِي وَنُذُرِ ٣٧

38. Isijeziso esingapheli sabahlasela entathakusa.

وَلَقَدۡ صَبَّحَهُم بُكۡرَةً عَذَابٞ مُّسۡتَقِرّٞ ٣٨

39. Zwanini isijeziso nesixwayiso saMi.

فَذُوقُواْ عَذَابِي وَنُذُرِ ٣٩

40. Futhi impela senze iKurani yaba lula; ingebe ukhona oyothatha isifundo na?

وَلَقَدۡ يَسَّرۡنَا ٱلۡقُرۡءَانَ لِلذِّكۡرِ فَهَلۡ مِن مُّدَّكِرٖ ٤٠

41. Futhi izixwayiso zafika kubantu bakaFirawuni.

وَلَقَدۡ جَآءَ ءَالَ فِرۡعَوۡنَ ٱلنُّذُرُ ٤١

كَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا كُلِّهَا فَأَخَذْنَٰهُمْ أَخْذَ عَزِيزٍ مُّقْتَدِرٍ ﴿٤٢﴾

42. Baziphika zonke izibonakaliso zeThu; sabajezisa isijeziso songuSomandla Onamandla.

أَكُفَّارُكُمْ خَيْرٌ مِّنْ أُوْلَٰٓئِكُمْ أَمْ لَكُم بَرَآءَةٌ فِى ٱلزُّبُرِ ﴿٤٣﴾

43. Ingabe laba abangakholwa benu bangcono yini kunalabo kumbe ninesiqiseko sokuphepha esilotshwe eZincwadini zaphambilini na?

أَمْ يَقُولُونَ نَحْنُ جَمِيعٌ مُّنتَصِرٌ ﴿٤٤﴾

44. Kumbe bathi: "Sibaningi siyonqoba".

سَيُهْزَمُ ٱلْجَمْعُ وَيُوَلُّونَ ٱلدُّبُرَ ﴿٤٥﴾

45. Lizonqotshwa iningi libaleke.

بَلِ ٱلسَّاعَةُ مَوْعِدُهُمْ وَٱلسَّاعَةُ أَدْهَىٰ وَأَمَرُّ ﴿٤٦﴾

46. Empeleni iSikhathi [sokwahlulelwa] yisona ababekelwe sona futhi iSikhathi sinzima kakhulu futhi sibuhlungu kakhulu.

إِنَّ ٱلْمُجْرِمِينَ فِى ضَلَٰلٍ وَسُعُرٍ ﴿٤٧﴾

47. Impela izephula mthetho zidukile futhi ziyongena emlilweni.

يَوْمَ يُسْحَبُونَ فِى ٱلنَّارِ عَلَىٰ وُجُوهِهِمْ ذُوقُواْ مَسَّ سَقَرَ ﴿٤٨﴾

48. Ngosuku lapho beyohudulelwa emlilweni ngobuso babo, [kuthiwe]: "Zwanini ubunzima womlilo".

إِنَّا كُلَّ شَىْءٍ خَلَقْنَٰهُ بِقَدَرٍ ﴿٤٩﴾

49. Futhi yonke into siyidale seyinqunyelwe.

وَمَآ أَمْرُنَآ إِلَّا وَٰحِدَةٌ كَلَمْحٍۭ بِٱلْبَصَرِ ﴿٥٠﴾

50. Futhi umyalelo weThu uwodwa vo, njengophazima kweso.

وَلَقَدْ أَهْلَكْنَآ أَشْيَاعَكُمْ فَهَلْ مِن مُّدَّكِرٍ ﴿٥١﴾

51. Futhi sababhubhisa abafana nani; ingabe ukhona ozothatha isifundo.

52. Yonke into abayenzile ilotshiwe eZincwadini zaphambilini.

53. Futhi yonke into encane nenkulu [abayenzayo] iqoshiwe.

54. Impela laba abathobela u Allah bayongena ezivandeni nasemifuleni.

55. Esigungwini seqiniso eNkosini Enamandla.

وَكُلُّ شَىْءٍ فَعَلُوهُ فِى ٱلزُّبُرِ ﴿٥٢﴾

وَكُلُّ صَغِيرٍ وَكَبِيرٍ مُّسْتَطَرٌ ﴿٥٣﴾

إِنَّ ٱلْمُتَّقِينَ فِى جَنَّٰتٍ وَنَهَرٍ ﴿٥٤﴾

فِى مَقْعَدِ صِدْقٍ عِندَ مَلِيكٍ مُّقْتَدِرٍ ﴿٥٥﴾

(55) SURA RAHIMANU
ONOMUSA

سُورَةُ الرَّحۡمَٰنِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Onomusa.
ٱلرَّحۡمَٰنُ ١

2. Ufundise iKurani.
عَلَّمَ ٱلۡقُرۡءَانَ ٢

3. Wadala umuntu.
خَلَقَ ٱلۡإِنسَٰنَ ٣

4. Wamfundisa ukukhuluma.
عَلَّمَهُ ٱلۡبَيَانَ ٤

5. Ilanga nenyanga zihamba ngokubaliwe.
ٱلشَّمۡسُ وَٱلۡقَمَرُ بِحُسۡبَانٍ ٥

6. Futhi inkanyezi nesihlahla kuyakhothama kuwe ngobuso.
وَٱلنَّجۡمُ وَٱلشَّجَرُ يَسۡجُدَانِ ٦

7. Futhi isibhakabhaka wasiphakamisa wabeka ubulungiswa.
وَٱلسَّمَآءَ رَفَعَهَا وَوَضَعَ ٱلۡمِيزَانَ ٧

8. Ukuze ningaqilani esikalini.
أَلَّا تَطۡغَوۡاْ فِي ٱلۡمِيزَانِ ٨

9. Kalani isisindo ngobulungiswa ningaqili isikali.
وَأَقِيمُواْ ٱلۡوَزۡنَ بِٱلۡقِسۡطِ وَلَا تُخۡسِرُواْ ٱلۡمِيزَانَ ٩

10. Futhi umhlaba uwundlalele indalo.
وَٱلۡأَرۡضَ وَضَعَهَا لِلۡأَنَامِ ١٠

11. Kuwo kunezithelo namasundu anezikhwama.
فِيهَا فَٰكِهَةٞ وَٱلنَّخۡلُ ذَاتُ ٱلۡأَكۡمَامِ ١١

12. Nezinhlamvu ezinamakhasi nezitshalo ezinamakhazi amnandi.
وَٱلۡحَبُّ ذُو ٱلۡعَصۡفِ وَٱلرَّيۡحَانُ ١٢

13. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿١٣﴾

14. Udale umuntu ngebumba olomile okwezitsha zobumba.

خَلَقَ ٱلْإِنسَٰنَ مِن صَلْصَٰلٍ كَٱلْفَخَّارِ ﴿١٤﴾

15. Wadala ijini ngelangabi elingenantuthu lomlilo.

وَخَلَقَ ٱلْجَآنَّ مِن مَّارِجٍ مِّن نَّارٍ ﴿١٥﴾

16. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿١٦﴾

17. iNkosi yezimpumalanga ezimbili neNkosi yezintshonalanga ezimbili[1].

رَبُّ ٱلْمَشْرِقَيْنِ وَرَبُّ ٱلْمَغْرِبَيْنِ ﴿١٧﴾

18. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿١٨﴾

19. Uhlanganisa izilwandle ezimbili zahlangana.

مَرَجَ ٱلْبَحْرَيْنِ يَلْتَقِيَانِ ﴿١٩﴾

20. Phakathi kwazo kunesithezo azixubani.

بَيْنَهُمَا بَرْزَخٌ لَّا يَبْغِيَانِ ﴿٢٠﴾

21. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٢١﴾

22. Kuphuma kuzo ubuhlalu obumhlophe obukhulu nobuncane.

يَخْرُجُ مِنْهُمَا ٱللُّؤْلُؤُ وَٱلْمَرْجَانُ ﴿٢٢﴾

23. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٢٣﴾

24. Futhi eyaKhe imikhumbi emikhulu esolwandle njengezintaba.

وَلَهُ ٱلْجَوَارِ ٱلْمُنشَـَٔاتُ فِى ٱلْبَحْرِ كَٱلْأَعْلَٰمِ ﴿٢٤﴾

1 Yasebusika neyasehlobo.

25. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٢٥﴾

26. Konke okukuwo [umhlaba] kuyoshabalala.

كُلُّ مَنْ عَلَيْهَا فَانٍ ﴿٢٦﴾

27. Kusale Ubuso beNkosi yakho Ehloniphekile nengancishani.

وَيَبْقَىٰ وَجْهُ رَبِّكَ ذُو ٱلْجَلَٰلِ وَٱلْإِكْرَامِ ﴿٢٧﴾

28. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٢٨﴾

29. Bonke abasemazulwini nasemhlabeni bayamcela [izidingo zabo]; nsuku zonke uhlezi kunakwenzayo.

يَسْـَٔلُهُۥ مَن فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ كُلَّ يَوْمٍ هُوَ فِى شَأْنٍ ﴿٢٩﴾

30. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٣٠﴾

31. Sizonibekela esenu isikhathi [sokunihlulela] nina bantu namajini.

سَنَفْرُغُ لَكُمْ أَيُّهَ ٱلثَّقَلَانِ ﴿٣١﴾

32. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٣٢﴾

33. Ninamajini nani sintu, uma nikwazi ukuphuma ngemincele yamazulu nomhlaba, phumani; kepha angeke naphuma ngaphandle kwemvume.

يَٰمَعْشَرَ ٱلْجِنِّ وَٱلْإِنسِ إِنِ ٱسْتَطَعْتُمْ أَن تَنفُذُوا۟ مِنْ أَقْطَارِ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ فَٱنفُذُوا۟ ۚ لَا تَنفُذُونَ إِلَّا بِسُلْطَٰنٍ ﴿٣٣﴾

34. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٣٤﴾

يُرۡسَلُ عَلَيۡكُمَا شُوَاظٞ مِّن نَّارٖ وَنُحَاسٞ فَلَا تَنتَصِرَانِ ﴿٣٥﴾

35. Kuyothunyelwa kini bantu namajini amalangabi omlilo nethusi [elincibilisiwe] futhi angeke nikhone ukuzisiza.

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٣٦﴾

36. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَإِذَا ٱنشَقَّتِ ٱلسَّمَآءُ فَكَانَتۡ وَرۡدَةٗ كَٱلدِّهَانِ ﴿٣٧﴾

37. Mhla isibhakabhaka siqhekeka, siyoba bomvu okwamafutha[1].

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٣٨﴾

38. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَيَوۡمَئِذٖ لَّا يُسۡـَٔلُ عَن ذَنۢبِهِۦٓ إِنسٞ وَلَا جَآنّٞ ﴿٣٩﴾

39. Ngalolosuku umuntu nejini abayikubuzwa ngezimpambuko zabo.

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٤٠﴾

40. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

يُعۡرَفُ ٱلۡمُجۡرِمُونَ بِسِيمَٰهُمۡ فَيُؤۡخَذُ بِٱلنَّوَٰصِي وَٱلۡأَقۡدَامِ ﴿٤١﴾

41. Izephula mthetho ziyobonakala ngezimpawu zabo; bese begxavulwa ngamabunzi nangezinyawo.

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٤٢﴾

42. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

هَٰذِهِۦ جَهَنَّمُ ٱلَّتِي يُكَذِّبُ بِهَا ٱلۡمُجۡرِمُونَ ﴿٤٣﴾

43. Iyona lena iJahanamu eyayiphikwa iziphula mthetho.

يَطُوفُونَ بَيۡنَهَا وَبَيۡنَ حَمِيمٍ ءَانٖ ﴿٤٤﴾

44. Bazolokhu bezungeza phakathi kwayo nesiphuzo esishisayo.

1 Namhlanje isibhakabhaka sihlaza. Kepha ngosuku lokwahlulela umbala waso uyoguquka futhi sincibikale okwamafutha ngenxa yokushisa komlilo.

45. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٤٥﴾

46. Futhi lowo osaba iNkosi yakhe uyothola izivande ezimbili.

وَلِمَنْ خَافَ مَقَامَ رَبِّهِۦ جَنَّتَانِ ﴿٤٦﴾

47. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٤٧﴾

48. Ezinamagatsha amaningi.

ذَوَاتَآ أَفْنَانٍ ﴿٤٨﴾

49. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٤٩﴾

50. Kuzo kunemithombo emibili egelezayo.

فِيهِمَا عَيْنَانِ تَجْرِيَانِ ﴿٥٠﴾

51. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٥١﴾

52. Kuzo, kunamabhanqa azo zonke izinhlobo zezithelo.

فِيهِمَا مِن كُلِّ فَٰكِهَةٍ زَوْجَانِ ﴿٥٢﴾

53. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٥٣﴾

54. Bayoqhiyama emibhedeni emboze ngesilika; nezithelo zezivande ziseduze.

مُتَّكِـِٔينَ عَلَىٰ فُرُشٍۭ بَطَآئِنُهَا مِنْ إِسْتَبْرَقٍ ۚ وَجَنَى ٱلْجَنَّتَيْنِ دَانٍ ﴿٥٤﴾

55. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٥٥﴾

56. Kuzo kunezintombi ezikhophozayo, ezingakaze zithintwe muntu noma ijini ngaphambi kwabo.

فِيهِنَّ قَٰصِرَٰتُ ٱلطَّرْفِ لَمْ يَطْمِثْهُنَّ إِنسٌ قَبْلَهُمْ وَلَا جَآنٌّ ﴿٥٦﴾

57. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٥٧﴾

58. Ngathi zingamatshe ayigugu nobuhlalu obumhlophe.

كَأَنَّهُنَّ ٱلْيَاقُوتُ وَٱلْمَرْجَانُ ﴿٥٨﴾

59. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٥٩﴾

60. Ingabe ukhona yini omunye umvuzo wokuhle ngaphandle kokuhle.

هَلْ جَزَآءُ ٱلْإِحْسَٰنِ إِلَّا ٱلْإِحْسَٰنُ ﴿٦٠﴾

61. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٦١﴾

62. Futhi ngezansi kwazo kunezinye izivande ezimbili.

وَمِن دُونِهِمَا جَنَّتَانِ ﴿٦٢﴾

63. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٦٣﴾

64. Amnyama bhuqe [ngenxa yobuhlaza bezihlahla].

مُدْهَآمَّتَانِ ﴿٦٤﴾

65. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٦٥﴾

66. Kuzo kunemithombo emibili egobhoza ngokunganqamuki.

فِيهِمَا عَيْنَانِ نَضَّاخَتَانِ ﴿٦٦﴾

67. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٦٧﴾

68. Kuzo kunezithelo namasundu namahanadi.

فِيهِمَا فَٰكِهَةٌ وَنَخْلٌ وَرُمَّانٌ ﴿٦٨﴾

69. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٦٩﴾

70. Kuzo kunezintombi eziyiziphalaphala.

فِيهِنَّ خَيْرَٰتٌ حِسَانٌ ﴿٧٠﴾

71. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٧١﴾

72. Zingama Huri ezingaphumi emtendeni.

حُورٌ مَّقْصُورَٰتٌ فِى ٱلْخِيَامِ ﴿٧٢﴾

73. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٧٣﴾

74. Azikaze zithintwe muntu noma ijini ngaphambi kwabo.

لَمْ يَطْمِثْهُنَّ إِنسٌ قَبْلَهُمْ وَلَا جَآنٌّ ﴿٧٤﴾

75. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٧٥﴾

76. Bayoqhiyama emiqamelweni eluhlaza nemibhede emihle.

مُتَّكِـِٔينَ عَلَىٰ رَفْرَفٍ خُضْرٍ وَعَبْقَرِىٍّ حِسَانٍ ﴿٧٦﴾

77. Ingabe-ke yizona ziphi izibusiso zeNkosi yenu [nina bantu namajini] enizoziphika na?

فَبِأَيِّ ءَالَآءِ رَبِّكُمَا تُكَذِّبَانِ ﴿٧٧﴾

78. Lingcwele iGama leNkosi yakho Ehloniphekile engancishani.

تَبَارَكَ ٱسْمُ رَبِّكَ ذِى ٱلْجَلَٰلِ وَٱلْإِكْرَامِ ﴿٧٨﴾

(56) SURA WAKI'A
ISEHLAKALO

سُورَةُ الْوَاقِعَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Mhla kwehla isehlakalo.
إِذَا وَقَعَتِ ٱلْوَاقِعَةُ ﴿١﴾

2. Akekho oyophika ukwehlakala kwaso.
لَيْسَ لِوَقْعَتِهَا كَاذِبَةٌ ﴿٢﴾

3. Siyohlazisa [abaphambukile] siphakamise [abathobela u Allah].
خَافِضَةٌ رَّافِعَةٌ ﴿٣﴾

4. Lapho umhlaba uyozanyazanyiswa kanzima.
إِذَا رُجَّتِ ٱلْأَرْضُ رَجًّا ﴿٤﴾

5. Nezintaba zisakazwe izicucu.
وَبُسَّتِ ٱلْجِبَالُ بَسًّا ﴿٥﴾

6. Zibe ngathi uthuli olusabalele.
فَكَانَتْ هَبَآءً مُّنۢبَثًّا ﴿٦﴾

7. Futhi niyoba amaqembu amathathu.
وَكُنتُمْ أَزْوَٰجًا ثَلَٰثَةً ﴿٧﴾

8. Kunalabo abangakwesokunene; yeka abangakwesokunene!
فَأَصْحَٰبُ ٱلْمَيْمَنَةِ مَآ أَصْحَٰبُ ٱلْمَيْمَنَةِ ﴿٨﴾

9. Futhi kunalabo abangakwesokunxele; yeka abangakwesokunxele!
وَأَصْحَٰبُ ٱلْمَشْـَٔمَةِ مَآ أَصْحَٰبُ ٱلْمَشْـَٔمَةِ ﴿٩﴾

10. Futhi nalabo abahamba phambili [ezintweni ezinhle] bayohamba phambili.
وَٱلسَّٰبِقُونَ ٱلسَّٰبِقُونَ ﴿١٠﴾

11. Labo bayosondezwa eduze [ku Allah].
أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلْمُقَرَّبُونَ ﴿١١﴾

12. Ezivandeni zentokomalo.
فِى جَنَّٰتِ ٱلنَّعِيمِ ﴿١٢﴾

13. [Kuyongena] iqulu kulabo abasekuqaleni.
ثُلَّةٌ مِّنَ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٣﴾

14. Nedlanzana kulabo abeze mumva.
وَقَلِيلٌ مِّنَ ٱلْآخِرِينَ ﴿١٤﴾

15. Emibhedeni ehlotshiswe ngegolide.
عَلَىٰ سُرُرٍ مَّوْضُونَةٍ ﴿١٥﴾

16. Bayoqhiyama kuyo babhekane.
مُّتَّكِـِٔينَ عَلَيْهَا مُتَقَٰبِلِينَ ﴿١٦﴾

17. Bayosetshenzelwa ngabafana abaphila unaphakade.
يَطُوفُ عَلَيْهِمْ وِلْدَٰنٌ مُّخَلَّدُونَ ﴿١٧﴾

18. Bebalethela izinkamba namabikili nezinkomishi zewayini egelezayo.
بِأَكْوَابٍ وَأَبَارِيقَ وَكَأْسٍ مِّن مَّعِينٍ ﴿١٨﴾

19. Ayiphathisani ngekhanda futhi ayidakani.
لَّا يُصَدَّعُونَ عَنْهَا وَلَا يُنزِفُونَ ﴿١٩﴾

20. Nezithelo abazikhethelayo.
وَفَٰكِهَةٍ مِّمَّا يَتَخَيَّرُونَ ﴿٢٠﴾

21. Nenyama yezinyoni abayilangazelelayo.
وَلَحْمِ طَيْرٍ مِّمَّا يَشْتَهُونَ ﴿٢١﴾

22. Nama Huri-Ayini [izintombi zaseJana].
وَحُورٌ عِينٌ ﴿٢٢﴾

23. Afana nobuhlalu obumhlophe obufihliwe.
كَأَمْثَٰلِ ٱللُّؤْلُوِ ٱلْمَكْنُونِ ﴿٢٣﴾

24. Kuwumvuzo walokho ababekwenza.
جَزَآءًۢ بِمَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٢٤﴾

25. Abayikuzwa kuzo [izivande] umbhedo noma izimpambuko.
لَا يَسْمَعُونَ فِيهَا لَغْوًا وَلَا تَأْثِيمًا ﴿٢٥﴾

26. Ngaphandle nje kokuthi, "ukuthula, ukuthula".
إِلَّا قِيلًا سَلَٰمًا سَلَٰمًا ﴿٢٦﴾

27. Futhi abangakwesokunene; yeka abangakwesokunene!
وَأَصْحَٰبُ ٱلْيَمِينِ مَآ أَصْحَٰبُ ٱلْيَمِينِ ﴿٢٧﴾

28. Bayohlala phansi kwezihlahla ezingenameva.
فِى سِدْرٍ مَّخْضُودٍ ﴿٢٨﴾

29. Nezikabhanana ezinezixhobo. وَطَلْحٍ مَّنضُودٍ ﴿٢٩﴾

30. Nomthunzi obanzi. وَظِلٍّ مَّمْدُودٍ ﴿٣٠﴾

31. Namanzi aphophomayo. وَمَآءٍ مَّسْكُوبٍ ﴿٣١﴾

32. Nezithelo ezingi. وَفَٰكِهَةٍ كَثِيرَةٍ ﴿٣٢﴾

33. Ezingapheli futhi ezinganqatshelwe. لَّا مَقْطُوعَةٍ وَلَا مَمْنُوعَةٍ ﴿٣٣﴾

34. Nemibhede ephakeme. وَفُرُشٍ مَّرْفُوعَةٍ ﴿٣٤﴾

35. Impela sizidale sizisusa phansi [izintombi zaseJana]. إِنَّآ أَنشَأْنَٰهُنَّ إِنشَآءً ﴿٣٥﴾

36. Sazenza izintombi nto. فَجَعَلْنَٰهُنَّ أَبْكَارًا ﴿٣٦﴾

37. Ziyathandeka zingontanga. عُرُبًا أَتْرَابًا ﴿٣٧﴾

38. Sizidalele abangakwesokunene. لِّأَصْحَٰبِ ٱلْيَمِينِ ﴿٣٨﴾

39. Kuyongena kulabo abasekuqaleni. ثُلَّةٌ مِّنَ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿٣٩﴾

40. Nequlu kulabo abakamumva. وَثُلَّةٌ مِّنَ ٱلْءَاخِرِينَ ﴿٤٠﴾

41. Futhi abangakwesokunxele; yeka [usizi] labangakwesokunxele! وَأَصْحَٰبُ ٱلشِّمَالِ مَآ أَصْحَٰبُ ٱلشِّمَالِ ﴿٤١﴾

42. Bayongena emoyeni oshisayo nasemanzini abilayo. فِى سَمُومٍ وَحَمِيمٍ ﴿٤٢﴾

43. Nomthunzi oshisanayo. وَظِلٍّ مِّن يَحْمُومٍ ﴿٤٣﴾

44. Awupholile futhi awumuhle. لَّا بَارِدٍ وَلَا كَرِيمٍ ﴿٤٤﴾

45. Impela ngaphambi kwalokho babephila kamnandi. إِنَّهُمْ كَانُوا۟ قَبْلَ ذَٰلِكَ مُتْرَفِينَ ﴿٤٥﴾

وَكَانُوا۟ يُصِرُّونَ عَلَى ٱلْحِنثِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٤٦﴾

46. Futhi babephikelela ukwenza impambuko enkulu [ukubhangqa uAllah].

وَكَانُوا۟ يَقُولُونَ أَئِذَا مِتْنَا وَكُنَّا تُرَابًا وَعِظَٰمًا أَءِنَّا لَمَبْعُوثُونَ ﴿٤٧﴾

47. Futhi babethi: "Kuyothi lapho sesifile saba inhlabathi namathambo, siphinde sivuswe na?"

أَوَءَابَآؤُنَا ٱلْأَوَّلُونَ ﴿٤٨﴾

48. Ngisho nokhokho bethu imbala?

قُلْ إِنَّ ٱلْأَوَّلِينَ وَٱلْـَٔاخِرِينَ ﴿٤٩﴾

49. Yithi: "Abasendulo nabasekugcineni..."

لَمَجْمُوعُونَ إِلَىٰ مِيقَٰتِ يَوْمٍ مَّعْلُومٍ ﴿٥٠﴾

50. Bayobuthaniswa bonke ngesikhathi sosuku olubekiwe.

ثُمَّ إِنَّكُمْ أَيُّهَا ٱلضَّآلُّونَ ٱلْمُكَذِّبُونَ ﴿٥١﴾

51. Bese nina enidukile eniphikayo...

لَـَٔاكِلُونَ مِن شَجَرٍ مِّن زَقُّومٍ ﴿٥٢﴾

52. Niyodla esihlahleni sameva [izakumi].

فَمَالِـُٔونَ مِنْهَا ٱلْبُطُونَ ﴿٥٣﴾

53. Niyogcwalisa izisu ngaso.

فَشَٰرِبُونَ عَلَيْهِ مِنَ ٱلْحَمِيمِ ﴿٥٤﴾

54. Bese nehlisa ngamanzi abilayo.

فَشَٰرِبُونَ شُرْبَ ٱلْهِيمِ ﴿٥٥﴾

55. Niyophuzisa okwekameli elonyiwe.

هَٰذَا نُزُلُهُمْ يَوْمَ ٱلدِّينِ ﴿٥٦﴾

56. Iyona lena indawo yabo ngosuku lokwahlulela.

نَحْنُ خَلَقْنَٰكُمْ فَلَوْلَا تُصَدِّقُونَ ﴿٥٧﴾

57. Thina sinidalile, ake nikholwe.

أَفَرَءَيْتُم مَّا تُمْنُونَ ﴿٥٨﴾

58. Niyasibona isidoda enisikhiqizayo na?

ءَأَنتُمْ تَخْلُقُونَهُۥٓ أَمْ نَحْنُ ٱلْخَٰلِقُونَ ﴿٥٩﴾

59. Ingabe yinina enisidalayo kumbe yithina abadalile na?

نَحْنُ قَدَّرْنَا بَيْنَكُمُ ٱلْمَوْتَ وَمَا نَحْنُ
بِمَسْبُوقِينَ ﴿٦٠﴾

60. Yithina esibeke ukufa phakathi kwenu futhi angeka sahluleka.

عَلَىٰٓ أَن نُّبَدِّلَ أَمْثَٰلَكُمْ وَنُنشِئَكُمْ
فِى مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿٦١﴾

61. Ukuniguqula sinenze lokho eningakwazi.

وَلَقَدْ عَلِمْتُمُ ٱلنَّشْأَةَ ٱلْأُولَىٰ فَلَوْلَا
تَذَكَّرُونَ ﴿٦٢﴾

62. Futhi niyakwazi ukudalwa kokuqala; pho kungani ningathathi isifundo na?

أَفَرَءَيْتُم مَّا تَحْرُثُونَ ﴿٦٣﴾

63. Ake nibheke lokhu enikutshalayo.

ءَأَنتُمْ تَزْرَعُونَهُۥٓ أَمْ نَحْنُ ٱلزَّٰرِعُونَ ﴿٦٤﴾

64. Ingabe yinina enihlumisayo kumbe yithina abahlumisi na?

لَوْ نَشَآءُ لَجَعَلْنَٰهُ حُطَٰمًا فَظَلْتُمْ
تَفَكَّهُونَ ﴿٦٥﴾

65. Uma sithanda besingakwenza kome, nisale nimangele.

إِنَّا لَمُغْرَمُونَ ﴿٦٦﴾

66. Nithi: "Impela sijezisiwe".

بَلْ نَحْنُ مَحْرُومُونَ ﴿٦٧﴾

67. Empeleni asiphiwanga.

أَفَرَءَيْتُمُ ٱلْمَآءَ ٱلَّذِى تَشْرَبُونَ ﴿٦٨﴾

68. Ake nibheke lamanzi eniwaphuzayo.

ءَأَنتُمْ أَنزَلْتُمُوهُ مِنَ ٱلْمُزْنِ أَمْ نَحْنُ
ٱلْمُنزِلُونَ ﴿٦٩﴾

69. Ingabe yinina yini eniwehlisayo emafini kumbe yithina abehlisayo na?

لَوْ نَشَآءُ جَعَلْنَٰهُ أُجَاجًا فَلَوْلَا
تَشْكُرُونَ ﴿٧٠﴾

70. Uma sithanda besingawenza ababe; ngakhoke ake nibonge.

أَفَرَءَيْتُمُ ٱلنَّارَ ٱلَّتِى تُورُونَ ﴿٧١﴾

71. Ake nibheke umlilo lona eniwubasayo.

ءَأَنتُمْ أَنشَأْتُمْ شَجَرَتَهَآ أَمْ نَحْنُ
ٱلْمُنشِـُٔونَ ﴿٧٢﴾

72. Ingabe yinina enidale isihlahla sawo kumbe yithina abadalile na?

73. Thina siwenze waba yisikhumbuzo nensiza kuzihambi.

نَحْنُ جَعَلْنَٰهَا تَذْكِرَةً وَمَتَٰعًا لِّلْمُقْوِينَ ﴿٧٣﴾

74. Ngakhoke, dumisa ngeGama leNkosi yakho Enkulu.

فَسَبِّحْ بِٱسْمِ رَبِّكَ ٱلْعَظِيمِ ﴿٧٤﴾

75. Ngifunga ngemizila yezinkanyezi.

* فَلَآ أُقْسِمُ بِمَوَٰقِعِ ٱلنُّجُومِ ﴿٧٥﴾

76. Impela isifungo esikhulu ukube niyazi.

وَإِنَّهُۥ لَقَسَمٌ لَّوْ تَعْلَمُونَ عَظِيمٌ ﴿٧٦﴾

77. Impela iyiKurani ehloniphekile.

إِنَّهُۥ لَقُرْءَانٌ كَرِيمٌ ﴿٧٧﴾

78. Elotshwe eNcwadini evikelwe [Uqwembe olulondoloziwe].

فِى كِتَٰبٍ مَّكْنُونٍ ﴿٧٨﴾

79. Engathintwa muntu ngaphandle kwalabo abahlanzekile [izingelosi].

لَّا يَمَسُّهُۥٓ إِلَّا ٱلْمُطَهَّرُونَ ﴿٧٩﴾

80. Yembulelwe ivela eNkosini yendalo yonke.

تَنزِيلٌ مِّن رَّبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٨٠﴾

81. Ingabe niphika lamazwi [iKurani] na?

أَفَبِهَٰذَا ٱلْحَدِيثِ أَنتُم مُّدْهِنُونَ ﴿٨١﴾

82. Futhi nazabela ukuthi niphike.

وَتَجْعَلُونَ رِزْقَكُمْ أَنَّكُمْ تُكَذِّبُونَ ﴿٨٢﴾

83. Uma [umphefumulo] usufika emphinjeni…

فَلَوْلَآ إِذَا بَلَغَتِ ٱلْحُلْقُومَ ﴿٨٣﴾

84. Kulapho nina nibhekile.

وَأَنتُمْ حِينَئِذٍ تَنظُرُونَ ﴿٨٤﴾

85. Futhi Thina siseduze kwakhe [umufi] ukudlula nina, kepha aniboni.

وَنَحْنُ أَقْرَبُ إِلَيْهِ مِنكُمْ وَلَٰكِن لَّا تُبْصِرُونَ ﴿٨٥﴾

فَلَوْلَآ إِن كُنتُمْ غَيْرَ مَدِينِينَ ﴿٨٦﴾

86. Uma ngempela ningezukwahlulela…

تَرْجِعُونَهَآ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٨٧﴾

87. Wubuyiseleni emuva [umphefumulo] uma ngempela niqinisile.

فَأَمَّآ إِن كَانَ مِنَ ٱلْمُقَرَّبِينَ ﴿٨٨﴾

88. Uma [umufi] engowalabo abasondeziwe [ku Allah];

فَرَوْحٌ وَرَيْحَانٌ وَجَنَّتُ نَعِيمٍ ﴿٨٩﴾

89. Uyothola ukuphumula nokunethezeka nezivande zentokomalo.

وَأَمَّآ إِن كَانَ مِنْ أَصْحَٰبِ ٱلْيَمِينِ ﴿٩٠﴾

90. Uma engowaba ngakwesokunene…

فَسَلَٰمٌ لَّكَ مِنْ أَصْحَٰبِ ٱلْيَمِينِ ﴿٩١﴾

91. Ukuthula kuwe kuvela kwaba ngakwesokunene.

وَأَمَّآ إِن كَانَ مِنَ ٱلْمُكَذِّبِينَ ٱلضَّآلِّينَ ﴿٩٢﴾

92. Uma engowalabo abaphikayo abadukile;

فَنُزُلٌ مِّنْ حَمِيمٍ ﴿٩٣﴾

93. Uyohlala emanzini abilayo.

وَتَصْلِيَةُ جَحِيمٍ ﴿٩٤﴾

94. Futhi angene emlilweni.

إِنَّ هَٰذَا لَهُوَ حَقُّ ٱلْيَقِينِ ﴿٩٥﴾

95. Impela lokhu yiqiniso elingenakuphikiswa.

فَسَبِّحْ بِٱسْمِ رَبِّكَ ٱلْعَظِيمِ ﴿٩٦﴾

96. Ngakhoke, dumisa ngeGama leNkosi yakho Enkulu.

(57) SURA HADIDI
INSIMBI

سُورَةُ الحَدِيدِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

سَبَّحَ لِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿١﴾

1. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kudumisa u Allah; futhi unguSomandla Okhaliphile.

لَهُۥ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۖ يُحْيِۦ وَيُمِيتُ ۖ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢﴾

2. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe. Uletha ukuphila nokufa; futhi akehlulwa yilutho.

هُوَ ٱلْأَوَّلُ وَٱلْءَاخِرُ وَٱلظَّٰهِرُ وَٱلْبَاطِنُ ۖ وَهُوَ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿٣﴾

3. Nguyena Owokuqala nowoGcina noNgaphezulu noNgaphakathi. Futhi wazi yonke into.

هُوَ ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ فِى سِتَّةِ أَيَّامٍ ثُمَّ ٱسْتَوَىٰ عَلَى ٱلْعَرْشِ ۖ يَعْلَمُ مَا يَلِجُ فِى ٱلْأَرْضِ وَمَا يَخْرُجُ مِنْهَا وَمَا يَنزِلُ مِنَ ٱلسَّمَآءِ وَمَا يَعْرُجُ فِيهَا ۖ وَهُوَ مَعَكُمْ أَيْنَ مَا كُنتُمْ ۚ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٤﴾

4. NguYena lona owadala amazulu nomhlaba ezinsukwini eziyisithupha wabe esenyukela kuSihlalo. Wazi okungena emhlabeni nokuphuma kuwo nalokho okwehla phezulu nokunyukela khona. Futhi unani noma ningaba kuphi; u Allah uyakubona enikwenzayo.

لَّهُۥ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ وَإِلَى ٱللَّهِ تُرْجَعُ ٱلْأُمُورُ ﴿٥﴾

5. Ubukhosi basemazulwini nasemhlabeni bungobaKhe. Futhi zonke izinto ziyobuyela ku Allah.

يُولِجُ ٱلَّيْلَ فِى ٱلنَّهَارِ وَيُولِجُ ٱلنَّهَارَ فِى ٱلَّيْلِ ۚ وَهُوَ عَلِيمٌۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿٦﴾

6. Ufaka ubusuku emini, afake imini ebusuku; futhi ukwazi kahle okuqukethwe yizinhliziyo.

7. Kholelwani ku Allah neSithunywa saKhe futhi niphane ngalokho aniphe kona emuva kwabanye; ngokuba labo abakholwayo phakathi kwenu baphinde baphane, bayothola umvuzo omkhulu.

ءَامِنُواْ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ وَأَنفِقُواْ مِمَّا جَعَلَكُم مُّسْتَخْلَفِينَ فِيهِۚ فَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مِنكُمْ وَأَنفَقُواْ لَهُمْ أَجْرٌ كَبِيرٌ ٧

8. Kungani ningakholelwa ku Allah na?, sibe iSithunywa sinimela ekutheni nikholelwe eNkosini yenu futhi yenza isibophezelo nani, uma nikholwa.

وَمَا لَكُمْ لَا تُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلرَّسُولُ يَدْعُوكُمْ لِتُؤْمِنُواْ بِرَبِّكُمْ وَقَدْ أَخَذَ مِيثَٰقَكُمْ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ٨

9. NguYena lona owembulele esigqileni saKhe imibiko ecacile ukuze anikhiphe embumnyameni anise ekukhanyeni. Impela u Allah Unobubele Unesihawu ngani.

هُوَ ٱلَّذِى يُنَزِّلُ عَلَىٰ عَبْدِهِۦٓ ءَايَٰتٍۭ بَيِّنَٰتٍ لِّيُخْرِجَكُم مِّنَ ٱلظُّلُمَٰتِ إِلَى ٱلنُّورِۚ وَإِنَّ ٱللَّهَ بِكُمْ لَرَءُوفٌ رَّحِيمٌ ٩

10. Futhi kungani ninganikeli endleleni ka Allah na?; futhi amazulu nomhlaba kuyosala ku Allah. Abefani labo kini abanikela ngaphambi ngokunqoba [eMakha] baphinda balwa [empini]. Labo banezigaba eziphakeme kunalabo abanikela emuva kokunqoba baphinde balwa . kepha bonke u Allah ubathembise okuhle [iJana]. Futhi u Allah unolwazi ngakho konke enikwenzayo.

وَمَا لَكُمْ أَلَّا تُنفِقُواْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَلِلَّهِ مِيرَٰثُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِۚ لَا يَسْتَوِى مِنكُم مَّنْ أَنفَقَ مِن قَبْلِ ٱلْفَتْحِ وَقَٰتَلَۚ أُوْلَٰٓئِكَ أَعْظَمُ دَرَجَةً مِّنَ ٱلَّذِينَ أَنفَقُواْ مِنۢ بَعْدُ وَقَٰتَلُواْۚ وَكُلًّا وَعَدَ ٱللَّهُ ٱلْحُسْنَىٰۚ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرٌ ١٠

11. Ngubani ongaboleka u Allah imboleko enhle na?. Uzomuphindaphindela yona aphinde athole umvuzo omuhle.

مَّن ذَا ٱلَّذِى يُقْرِضُ ٱللَّهَ قَرْضًا حَسَنًا فَيُضَٰعِفَهُۥ لَهُۥ وَلَهُۥٓ أَجْرٌ كَرِيمٌ ١١

يَوْمَ تَرَى ٱلْمُؤْمِنِينَ وَٱلْمُؤْمِنَٰتِ يَسْعَىٰ نُورُهُم بَيْنَ أَيْدِيهِمْ وَبِأَيْمَٰنِهِم بُشْرَىٰكُمُ ٱلْيَوْمَ جَنَّٰتٌ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۚ ذَٰلِكَ هُوَ ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿١٢﴾

12. Ngosuku lapho uyobona abakholwayo besilisa nabesimame, ukukhanya kwabo kuhamba ngaphambi kwabo nangakwesokunene kwabo. [Kuthiwe kubo]: "Siyanihalalisela namhlanje, ngezivande okugeleza ezansi kwazo imifula, niyohlala kuzo unaphakade; leyo iyona impumelelo enkulu.

يَوْمَ يَقُولُ ٱلْمُنَٰفِقُونَ وَٱلْمُنَٰفِقَٰتُ لِلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱنظُرُونَا نَقْتَبِسْ مِن نُّورِكُمْ قِيلَ ٱرْجِعُوا۟ وَرَآءَكُمْ فَٱلْتَمِسُوا۟ نُورًا ۖ فَضُرِبَ بَيْنَهُم بِسُورٍ لَّهُۥ بَابٌۢ بَاطِنُهُۥ فِيهِ ٱلرَّحْمَةُ وَظَٰهِرُهُۥ مِن قِبَلِهِ ٱلْعَذَابُ ﴿١٣﴾

13. Ngosuku lapho abazenzisi besilisa nesifazane bayothi kulabo abakholwayo: "Simeleni, nathi sizothekela ekukhanyeni kwenu". Kuyothiwa kubo: "Buyelani emuva [emhlabeni], niyofuna khona ukukhanya". Kuyomiswa umthangala phakathi kwabo onomnyango; ngaphakathi unomusa kepha ngaphandle, nangaphambili kwawo ubukeka unesijeziso.

يُنَادُونَهُمْ أَلَمْ نَكُن مَّعَكُمْ ۖ قَالُوا۟ بَلَىٰ وَلَٰكِنَّكُمْ فَتَنتُمْ أَنفُسَكُمْ وَتَرَبَّصْتُمْ وَٱرْتَبْتُمْ وَغَرَّتْكُمُ ٱلْأَمَانِىُّ حَتَّىٰ جَآءَ أَمْرُ ٱللَّهِ وَغَرَّكُم بِٱللَّهِ ٱلْغَرُورُ ﴿١٤﴾

14. Bayobabiza: "Ingani besisonke". Bayothi: "Kunjalo, kepha nina nazifaka obishini, nalokhu nilindele ninokungabaza nadukiswa izifiso kwaze kwafika umyalelo ka Allah nomdukisi wanidukisa".

فَٱلْيَوْمَ لَا يُؤْخَذُ مِنكُمْ فِدْيَةٌ وَلَا مِنَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ۚ مَأْوَىٰكُمُ ٱلنَّارُ ۖ هِىَ مَوْلَىٰكُمْ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿١٥﴾

15. Namhlanje akukho nhlawulo eyothathwa kini noma laba abangakholwa. Indawo yenu isemlilweni, yiwona oyoningamela; saze sasibi isiphetho.

16. Ingabe asikafiki yini isikhathi kulabo abakholwayo ukuba izinhliziyo zabo zithobele inkumbulo ka Allah nalokho okuyiqiniso elembulelwe futhi bangabi njengalabo abanikwa iMibhalo ngaphambilini; saba side isikhathi kubo zaze zabalukhuni futhi iningi labo liyizephula mthetho.

* أَلَمْ يَأْنِ لِلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ أَن تَخْشَعَ قُلُوبُهُمْ لِذِكْرِ ٱللَّهِ وَمَا نَزَلَ مِنَ ٱلْحَقِّ وَلَا يَكُونُواْ كَٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلْكِتَٰبَ مِن قَبْلُ فَطَالَ عَلَيْهِمُ ٱلْأَمَدُ فَقَسَتْ قُلُوبُهُمْ ۖ وَكَثِيرٌ مِّنْهُمْ فَٰسِقُونَ ﴿١٦﴾

17. Yazini ukuthi u Allah uvuselela umhlaba emuva kokufa kwawo. Impela sinicacisele imibiko ukuze niqonde.

ٱعْلَمُوٓاْ أَنَّ ٱللَّهَ يُحْىِ ٱلْأَرْضَ بَعْدَ مَوْتِهَا ۚ قَدْ بَيَّنَّا لَكُمُ ٱلْءَايَٰتِ لَعَلَّكُمْ تَعْقِلُونَ ﴿١٧﴾

18. Impela labo abesilisa nabesimame abakholelwa ngokweqiniso baphinde baboleke u Allah imboleko enhle, bayophindaphindelwa futhi bayothola umvuzo omuhle.

إِنَّ ٱلْمُصَّدِّقِينَ وَٱلْمُصَّدِّقَٰتِ وَأَقْرَضُواْ ٱللَّهَ قَرْضًا حَسَنًا يُضَٰعَفُ لَهُمْ وَلَهُمْ أَجْرٌ كَرِيمٌ ﴿١٨﴾

19. Futhi nalabo abakholelwa ku Allah neZithunywa zaKhe, yibona kanye abakholwa ngokweqiniso. Futhi nalabo abawe empini bayothola umvuzo wabo nokukhanya kwabo eNkosini yabo. Kuthi labo abangakholwa nabaphika imibiko yeThu; yibona kanye abayongena emlilweni.

وَٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ بِٱللَّهِ وَرُسُلِهِۦٓ أُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلصِّدِّيقُونَ ۖ وَٱلشُّهَدَآءُ عِندَ رَبِّهِمْ لَهُمْ أَجْرُهُمْ وَنُورُهُمْ ۖ وَٱلَّذِينَ كَفَرُواْ وَكَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَآ أُوْلَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلْجَحِيمِ ﴿١٩﴾

20. Yazini ukuthi impilo yasemhlabeni iwukudlala nokuchitha isikhathi nokubukeka kahle nokuqhoshelana phakathi kwenu nokuba nomcebo nezingane eziningi. Njengemvula

ٱعْلَمُوٓاْ أَنَّمَا ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَا لَعِبٌ وَلَهْوٌ وَزِينَةٌ وَتَفَاخُرٌۢ بَيْنَكُمْ وَتَكَاثُرٌ فِى ٱلْأَمْوَٰلِ وَٱلْأَوْلَٰدِ ۖ كَمَثَلِ غَيْثٍ أَعْجَبَ ٱلْكُفَّارَ نَبَاتُهُۥ ثُمَّ يَهِيجُ فَتَرَىٰهُ مُصْفَرًّا

ozitshalo zazo zimangaza abangakholwa, bese ziyabuna uzibone zezomile ziphuzi bese ziba yimvithi. Futhi kwelizayo kunesijeziso esinzima nentethelelo evela kuAllah nenjabulo. Futhi impilo yasemhlabeni iyinto yokudukisana.

ثُمَّ يَكُونُ حُطَٰمًا ۖ وَفِى ٱلْءَاخِرَةِ عَذَابٌ شَدِيدٌ وَمَغْفِرَةٌ مِّنَ ٱللَّهِ وَرِضْوَٰنٌ ۚ وَمَا ٱلْحَيَوٰةُ ٱلدُّنْيَآ إِلَّا مَتَٰعُ ٱلْغُرُورِ ﴿٢٠﴾

21. Ncintisanani ukuthola intethelelo evela eNkosini yenu nokuya eJana ububanzi bayo obungangobubanzi besibhakabhaka nomhlaba, ilungiselelwe labo abakholelwa ku Allah neSithunywa saKhe. Lowo umusa ka Allah, uwunika amthandayo. Futhi u Allah unomusa omkhulu.

سَابِقُوٓا۟ إِلَىٰ مَغْفِرَةٍ مِّن رَّبِّكُمْ وَجَنَّةٍ عَرْضُهَا كَعَرْضِ ٱلسَّمَآءِ وَٱلْأَرْضِ أُعِدَّتْ لِلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ بِٱللَّهِ وَرُسُلِهِۦ ۚ ذَٰلِكَ فَضْلُ ٱللَّهِ يُؤْتِيهِ مَن يَشَآءُ ۚ وَٱللَّهُ ذُو ٱلْفَضْلِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٢١﴾

22. Wonke umshophi owenzekayo emhlabeni noma kini uqobo, usuke ulotshiwe eNcwadini ngaphambi kokuba siwudale. Impela lokho kulula ku Allah.

مَآ أَصَابَ مِن مُّصِيبَةٍ فِى ٱلْأَرْضِ وَلَا فِىٓ أَنفُسِكُمْ إِلَّا فِى كِتَٰبٍ مِّن قَبْلِ أَن نَّبْرَأَهَآ ۚ إِنَّ ذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ يَسِيرٌ ﴿٢٢﴾

23. Ukuze ningakhathazeki ngalokho okunilahlekele futhi ningazindondonyi ngalokho enikuphiwe. Futhi u Allah akamthandi wonke umuntu oziqhayisayo ozigqajayo.

لِّكَيْلَا تَأْسَوْا۟ عَلَىٰ مَا فَاتَكُمْ وَلَا تَفْرَحُوا۟ بِمَآ ءَاتَىٰكُمْ ۗ وَٱللَّهُ لَا يُحِبُّ كُلَّ مُخْتَالٍ فَخُورٍ ﴿٢٣﴾

24. Labo abancintshanayo baphinde bayalele abantu ngokuncintshana. Lowo ofulathelayo ashaye indiva; impela u Allah Uzimele Uyadunyiswa.

ٱلَّذِينَ يَبْخَلُونَ وَيَأْمُرُونَ ٱلنَّاسَ بِٱلْبُخْلِ ۗ وَمَن يَتَوَلَّ فَإِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْغَنِىُّ ٱلْحَمِيدُ ﴿٢٤﴾

لَقَدْ أَرْسَلْنَا رُسُلَنَا بِٱلْبَيِّنَٰتِ وَأَنزَلْنَا
مَعَهُمُ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْمِيزَانَ لِيَقُومَ ٱلنَّاسُ
بِٱلْقِسْطِ ۖ وَأَنزَلْنَا ٱلْحَدِيدَ فِيهِ بَأْسٌ
شَدِيدٌ وَمَنَٰفِعُ لِلنَّاسِ وَلِيَعْلَمَ ٱللَّهُ مَن
يَنصُرُهُۥ وَرُسُلَهُۥ بِٱلْغَيْبِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ قَوِىٌّ
عَزِيزٌ ﴿٢٥﴾

25. Sathumela iZithunywa Zethu nemibiko futhi sabembulela iNcwadi nobulungiswa ukuze abantu babe nobulungiswa. Futhi sehlisa insimbi enamandla eqinile nezinsiza kubantu. Nokuthi u Allah azi lowo omesekelayo Yena neZithunywa Zakhe ngasese. Impela u Allah Unamandla unguSomandla.

وَلَقَدْ أَرْسَلْنَا نُوحًا وَإِبْرَٰهِيمَ وَجَعَلْنَا فِى
ذُرِّيَّتِهِمَا ٱلنُّبُوَّةَ وَٱلْكِتَٰبَ ۖ فَمِنْهُم مُّهْتَدٍ ۖ
وَكَثِيرٌ مِّنْهُمْ فَٰسِقُونَ ﴿٢٦﴾

26. Futhi sathumela uNuhu no Ibhirahimu senza kwaba nobuthunywa neZincwadi kuzalo lwabo; kunalabo ababa sendleleni eqondile, kepha baningi kubo abayizephula mthetho.

ثُمَّ قَفَّيْنَا عَلَىٰٓ ءَاثَٰرِهِم بِرُسُلِنَا وَقَفَّيْنَا
بِعِيسَى ٱبْنِ مَرْيَمَ وَءَاتَيْنَٰهُ ٱلْإِنجِيلَ ۖ
وَجَعَلْنَا فِى قُلُوبِ ٱلَّذِينَ ٱتَّبَعُوهُ رَأْفَةً
وَرَحْمَةً ۚ وَرَهْبَانِيَّةً ٱبْتَدَعُوهَا مَا كَتَبْنَٰهَا
عَلَيْهِمْ إِلَّا ٱبْتِغَآءَ رِضْوَٰنِ ٱللَّهِ فَمَا
رَعَوْهَا حَقَّ رِعَايَتِهَا ۖ فَـَٔاتَيْنَا ٱلَّذِينَ
ءَامَنُوا۟ مِنْهُمْ أَجْرَهُمْ ۖ وَكَثِيرٌ مِّنْهُمْ
فَٰسِقُونَ ﴿٢٧﴾

27. Sabe sesilandelisa ezinyathelweni zabo ngeZithunywa Zethu, salandelanisa ngo Isa indodana ka Mariyamu, samnika I Ininjili futhi senza kwaba nesihawu nomusa ezinhlizweni zalabo ababemlandela. Ubuzindela bazisungulela bona ngokwabo befuna ukujabulisa u Allah, asizange sibanqumele bona, kepha abazange babunakekele ngendlela efanele. Sanika labo abakholwayo kubo umvuzo wabo, kepha iningi labo liyiziphula mthetho.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ ٱتَّقُواْ ٱللَّهَ وَءَامِنُواْ بِرَسُولِهِۦ يُؤۡتِكُمۡ كِفۡلَيۡنِ مِن رَّحۡمَتِهِۦ وَيَجۡعَل لَّكُمۡ نُورٗا تَمۡشُونَ بِهِۦ وَيَغۡفِرۡ لَكُمۡۚ وَٱللَّهُ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ٢٨

28. Nina enikholwayo, thobelani u Allah nikholwe nakuSithunywa saKhe; uzoninika okuphindwe kabili emseni waKhe aphinde anenzele ukuba nibe nokukhanya enizohamba kukho futhi anithethelele; belu u Allah Ungumthetheleli Onesihawu.

لِّئَلَّا يَعۡلَمَ أَهۡلُ ٱلۡكِتَـٰبِ أَلَّا يَقۡدِرُونَ عَلَىٰ شَيۡءٖ مِّن فَضۡلِ ٱللَّهِ وَأَنَّ ٱلۡفَضۡلَ بِيَدِ ٱللَّهِ يُؤۡتِيهِ مَن يَشَآءُۚ وَٱللَّهُ ذُو ٱلۡفَضۡلِ ٱلۡعَظِيمِ ٢٩

29. Ukuze abeMibhalo ukuthi abayikuthola lutho emseni ka Allah; nokuthi umusa useZandleni zika Allah uwunika amthandayo, futhi u Allah unomusa omkhulu.

(58) SURA AL-MUJAADALAH IMVUNGE

سُورَةُ المُجَادِلَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

قَدْ سَمِعَ ٱللَّهُ قَوْلَ ٱلَّتِي تُجَٰدِلُكَ فِي
زَوْجِهَا وَتَشْتَكِيٓ إِلَى ٱللَّهِ وَٱللَّهُ يَسْمَعُ
تَحَاوُرَكُمَآ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌۢ بَصِيرٌ ﴿١﴾

1. Ngempela u *Allah* uyizwile inkulumo yalowo obebalisa ngomyeni wakhe kuwe [*Muhamadi*] futhi ekhala ku *Allah*, belu u *Allah* uyayizwa inkulumo yenu nobabili. Ngokuba u *Allah* uzwa futhi ubona konke.

ٱلَّذِينَ يُظَٰهِرُونَ مِنكُم مِّن نِّسَآئِهِم
مَّا هُنَّ أُمَّهَٰتِهِمْ ۖ إِنْ أُمَّهَٰتُهُمْ إِلَّا ٱلَّٰٓـِٔي
وَلَدْنَهُمْ ۚ وَإِنَّهُمْ لَيَقُولُونَ مُنكَرًا مِّنَ
ٱلْقَوْلِ وَزُورًا ۚ وَإِنَّ ٱللَّهَ لَعَفُوٌّ غَفُورٌ ﴿٢﴾

2. Labo abaphimisa i*Dihari*[1] kubafazi babo – abasibona onina babo; onina babo yilabo ababazala kuphela. Empeleni bakhuluma ichilo [ngokufanisa umkakhe nonina] na-manga. Kepha u *Allah* unesihe uyathethelela.

وَٱلَّذِينَ يُظَٰهِرُونَ مِن نِّسَآئِهِمْ ثُمَّ
يَعُودُونَ لِمَا قَالُوا۟ فَتَحْرِيرُ رَقَبَةٍ مِّن
قَبْلِ أَن يَتَمَآسَّا ۚ ذَٰلِكُمْ تُوعَظُونَ بِهِۦ ۚ
وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرٌ ﴿٣﴾

3. Futhi labo abaphimisa *iDihari* kubafazi babo, kepha bazisole ngalokho abakushilo; [inhlawulo yabo] kumele bakhulule isigqila esisodwa ngaphambi kokuba bathintane. Yikho lokhu eniyalelwe kona. Futhi u Allah ukwazi konke enikwenzayo.

1 Ukuthi indoda ithi kumkayo: "Wena ufana nomhlane kamama wami" okusho ukuthi, angeke aye naye ocansini njengoba engekwenze lokho nonina.

فَمَن لَّمْ يَجِدْ فَصِيَامُ شَهْرَيْنِ مُتَتَابِعَيْنِ
مِن قَبْلِ أَن يَتَمَآسَّا ۖ فَمَن لَّمْ يَسْتَطِعْ
فَإِطْعَامُ سِتِّينَ مِسْكِينًا ۚ ذَٰلِكَ لِتُؤْمِنُوا۟
بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ ۚ وَتِلْكَ حُدُودُ ٱللَّهِ ۗ
وَلِلْكَٰفِرِينَ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٤﴾

4. Kepha lowo ongenaso [isigqila] kumele azile izinyanga ezimbili ezilandelanayo ngaphambi kokuba bathintane. Kepha uma engakhoni makondle amahlwempu abangamashumi ayisi-thupha. Lokhu ukuze nikholwe ku Allah neSithu-nywa Sakhe. Leyo imincele ka Allah, kanti abangakholwa bayothola isijeziso esibuhlungu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يُحَآدُّونَ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ كُبِتُوا۟
كَمَا كُبِتَ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ ۚ وَقَدْ أَنزَلْنَآ
ءَايَٰتٍۭ بَيِّنَٰتٍ ۚ وَلِلْكَٰفِرِينَ عَذَابٌ
مُّهِينٌ ﴿٥﴾

5. Ngempela labo abaphambana no *Allah* neSithunywa Sakhe bayohlaziswa njengalabo ababandulelayo bahlaziswa. Belu sambulela imibhalo ecacile. Futhi labo abangakholwa bayothola isijeziso esihlazayo.

يَوْمَ يَبْعَثُهُمُ ٱللَّهُ جَمِيعًا فَيُنَبِّئُهُم بِمَا
عَمِلُوٓا۟ ۚ أَحْصَىٰهُ ٱللَّهُ وَنَسُوهُ ۚ وَٱللَّهُ عَلَىٰ
كُلِّ شَىْءٍ شَهِيدٌ ﴿٦﴾

6. Ngosuku lapho u *Allah* ayobabuthanisa bonke abazise ngezenzo zabo [emhlabeni]. Bheka ngoba u *Allah* uziqophile kepha bona bazikhohlwa, ngokuba u *Allah* uziqaphile zonke izinto.

أَلَمْ تَرَ أَنَّ ٱللَّهَ يَعْلَمُ مَا فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ
وَمَا فِى ٱلْأَرْضِ ۖ مَا يَكُونُ مِن نَّجْوَىٰ
ثَلَٰثَةٍ إِلَّا هُوَ رَابِعُهُمْ وَلَا خَمْسَةٍ إِلَّا هُوَ
سَادِسُهُمْ وَلَآ أَدْنَىٰ مِن ذَٰلِكَ وَلَآ أَكْثَرَ
إِلَّا هُوَ مَعَهُمْ أَيْنَ مَا كَانُوا۟ ۖ ثُمَّ يُنَبِّئُهُم
بِمَا عَمِلُوا۟ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ بِكُلِّ
شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿٧﴾

7. Awuboni ukuthi u *Allah* wazi konke okusemazulwini nasemhlabeni na. Lapho abathathu bekhuluma ngasese, Yena ungowesine, uma bebahlanu, yena ungowesithupha, futhi noma bengaba bancane kunalokho noma bendlulele, uhlala enabo noma bengaba kuphi. Kuthi ngoSuku loKwahlulelwa abazise ngabakwenzile. Ngokuba u *Allah* wazi konke.

8. Awubheke laba abayalelwa ukuba bangabi nezigungu zangasese, kepha bona baphikelela ukwenza lokhu abanqatshelwe kona, ngokuba nezigungu zangasese bedingida impambuko, nokuphula umthetho kanye nokweyisa iSithunywa. Belu uma befika kuwe bakubingelela[1] ngendlela u *Allah* angakubingeleli ngayo, kuthi lapho bebodwa bathi: "Kungani u *Allah* angasijezisi ngesikushoyo na?" *IJahanamu* abayobhadla kuyo iyobenela, okuyindawo embi impela.

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ نُهُوا۟ عَنِ ٱلنَّجْوَىٰ ثُمَّ يَعُودُونَ لِمَا نُهُوا۟ عَنْهُ وَيَتَنَٰجَوْنَ بِٱلْإِثْمِ وَٱلْعُدْوَٰنِ وَمَعْصِيَتِ ٱلرَّسُولِ ۖ وَإِذَا جَآءُوكَ حَيَّوْكَ بِمَا لَمْ يُحَيِّكَ بِهِ ٱللَّهُ وَيَقُولُونَ فِىٓ أَنفُسِهِمْ لَوْلَا يُعَذِّبُنَا ٱللَّهُ بِمَا نَقُولُ ۚ حَسْبُهُمْ جَهَنَّمُ يَصْلَوْنَهَا ۖ فَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿٨﴾

9. Nina enikholwayo! Uma ninezigungu zangasese, ningadingidi impambuko, nokuphula umthetho kanye nokweyisa iSithunywa; kepha dingidani ngokulunga nokugcina imiyalelo, futhi nithobele u *Allah* Lona eniyobuthaniswa Kuye.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِذَا تَنَٰجَيْتُمْ فَلَا تَتَنَٰجَوْا۟ بِٱلْإِثْمِ وَٱلْعُدْوَٰنِ وَمَعْصِيَتِ ٱلرَّسُولِ وَتَنَٰجَوْا۟ بِٱلْبِرِّ وَٱلتَّقْوَىٰ ۖ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ ٱلَّذِىٓ إِلَيْهِ تُحْشَرُونَ ﴿٩﴾

10. Empeleni lezigungu zangasese zivela ku *Shayitani* ukuze akhathaze labo abakholwayo. Kepha akasoze abalimaze ngalutho ngaphandle kwemvumo ka *Allah*, ngakho-ke labo abakholwayo kufanele bathembele ku *Allah*.

إِنَّمَا ٱلنَّجْوَىٰ مِنَ ٱلشَّيْطَٰنِ لِيَحْزُنَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَلَيْسَ بِضَآرِّهِمْ شَيْـًٔا إِلَّا بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۚ وَعَلَى ٱللَّهِ فَلْيَتَوَكَّلِ ٱلْمُؤْمِنُونَ ﴿١٠﴾

1 Indlela ebekwe u Allah yokubingelela, ethi: "Salam Alayikum" okusho ukuthi 'ukuthula makube kuni', kunalokho, abangakholwa bebembingelela ngeyabo indlela enokweyisa, bethi: "Sam Alayika" okusho ukuthi 'ukufa makube kuwe!'.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِذَا قِيلَ لَكُمۡ تَفَسَّحُواْ فِي ٱلۡمَجَٰلِسِ فَٱفۡسَحُواْ يَفۡسَحِ ٱللَّهُ لَكُمۡۖ وَإِذَا قِيلَ ٱنشُزُواْ فَٱنشُزُواْ يَرۡفَعِ ٱللَّهُ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ مِنكُمۡ وَٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلۡعِلۡمَ دَرَجَٰتٖۚ وَٱللَّهُ بِمَا تَعۡمَلُونَ خَبِيرٞ ١١

11. Nina enikholwayo! Uma niyalelwa ukuthi; 'vulani isikhala' uma nihlezi, anibosivula, funa u *Allah* anivulele nani. Futhi uma niyalelwa ukuthi: 'sukumani' anibosukuma; u *Allah* uyobaphakamisa labo abakholwayo kini nalabo abaphiwe ulwazi izigaba ngezigaba.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِذَا نَٰجَيۡتُمُ ٱلرَّسُولَ فَقَدِّمُواْ بَيۡنَ يَدَيۡ نَجۡوَىٰكُمۡ صَدَقَةٗۚ ذَٰلِكَ خَيۡرٞ لَّكُمۡ وَأَطۡهَرُۚ فَإِن لَّمۡ تَجِدُواْ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٞ رَّحِيمٌ ١٢

12. Nina enikholwayo! Uma nifuna ukukhuluma neSithunywa ngasese, nikelani ngotho ngaphambi kokuba nixoxe. Lokho kuyinto engcono nenhle kini. Kepha uma ningenalutho, u *Allah* Uyathethelela Unesihawu.

ءَأَشۡفَقۡتُمۡ أَن تُقَدِّمُواْ بَيۡنَ يَدَيۡ نَجۡوَىٰكُمۡ صَدَقَٰتٖۚ فَإِذۡ لَمۡ تَفۡعَلُواْ وَتَابَ ٱللَّهُ عَلَيۡكُمۡ فَأَقِيمُواْ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتُواْ ٱلزَّكَوٰةَ وَأَطِيعُواْ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥۚ وَٱللَّهُ خَبِيرُۢ بِمَا تَعۡمَلُونَ ١٣

13. Ingabe beninqena ukunikela ngotho ngaphambi kwengxoxo yenu na? Uma nehlulekile no Allah wanithethelela, qikelelanike ukwenza i*Swala* nikhiphe ne*Zaka* futhi nithobele u *Allah* neSithunywa Sakhe. Belu ukuqaphe konke enikwenzayo.

* أَلَمۡ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ تَوَلَّوۡاْ قَوۡمٗا غَضِبَ ٱللَّهُ عَلَيۡهِم مَّا هُم مِّنكُمۡ وَلَا مِنۡهُمۡ وَيَحۡلِفُونَ عَلَى ٱلۡكَذِبِ وَهُمۡ يَعۡلَمُونَ ١٤

14. Awubabonanga na, labo abazibandakanya nalabo abathukuthelelwe ngu *Allah*; abekho ngakini futhi abekho ngakubo, baphinde bafunge ngamanga ngamabomu.

أَعَدَّ ٱللَّهُ لَهُمْ عَذَابًا شَدِيدًا ۖ إِنَّهُمْ سَآءَ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٥﴾

15. U *Allah* ubalungisele isijeziso esinzima; ngempela kubi lokhu abakwenzayo.

ٱتَّخَذُوٓا۟ أَيْمَٰنَهُمْ جُنَّةً فَصَدُّوا۟ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ فَلَهُمْ عَذَابٌ مُّهِينٌ ﴿١٦﴾

16. Basebenzisa izifungo zabo [zamanga] njengesihlangu, baba yizivimba endleleni ka *Allah*, kanti bayothola isijeziso esihlazayo.

لَّن تُغْنِىَ عَنْهُمْ أَمْوَٰلُهُمْ وَلَآ أَوْلَٰدُهُم مِّنَ ٱللَّهِ شَيْـًٔا ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿١٧﴾

17. Kepha ingcebo yabo nozalo lwabo, akusoze kwabasiza ngalutho ku *Allah*. Yibo kanye labo abayobhadla emlilweni, bahlale kuwo unaphakade.

يَوْمَ يَبْعَثُهُمُ ٱللَّهُ جَمِيعًا فَيَحْلِفُونَ لَهُۥ كَمَا يَحْلِفُونَ لَكُمْ وَيَحْسَبُونَ أَنَّهُمْ عَلَىٰ شَىْءٍ ۚ أَلَآ إِنَّهُمْ هُمُ ٱلْكَٰذِبُونَ ﴿١٨﴾

18. Ngosuku lapho u *Allah* uyobabuthanisa khona bonke, bayophinda bafunge naKuye njengoba bafunga nakini, belu bacabanga ukuthi banotho; empeleni bangabaqambi manga.

ٱسْتَحْوَذَ عَلَيْهِمُ ٱلشَّيْطَٰنُ فَأَنسَىٰهُمْ ذِكْرَ ٱللَّهِ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ حِزْبُ ٱلشَّيْطَٰنِ ۚ أَلَآ إِنَّ حِزْبَ ٱلشَّيْطَٰنِ هُمُ ٱلْخَٰسِرُونَ ﴿١٩﴾

19. Baphicwe u*Shayitani* bakhohlwa intando ka Allah; laboke iqembu lika *Shayitani*, bheka ngoba iqembu lika *Shayitani* aliphumeleli.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يُحَآدُّونَ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥٓ أُو۟لَٰٓئِكَ فِى ٱلْأَذَلِّينَ ﴿٢٠﴾

20. Labo abaphambana no Allah neSithunywa Sakhe, yibo kanye labo abasehlazweni.

كَتَبَ ٱللَّهُ لَأَغْلِبَنَّ أَنَا۠ وَرُسُلِىٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ قَوِىٌّ عَزِيزٌ ﴿٢١﴾

21. Ngokuba u Allah wanquma ukuthi: "Yimina neZithunywa Zami esiyonqoba", u Allah Unamandla unguSomandla.

لَّا تَجِدُ قَوْمًا يُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ
ٱلْءَاخِرِ يُوَآدُّونَ مَنْ حَآدَّ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ
وَلَوْ كَانُوٓاْ ءَابَآءَهُمْ أَوْ أَبْنَآءَهُمْ أَوْ
إِخْوَٰنَهُمْ أَوْ عَشِيرَتَهُمْ ۚ أُوْلَٰٓئِكَ كَتَبَ
فِى قُلُوبِهِمُ ٱلْإِيمَٰنَ وَأَيَّدَهُم بِرُوحٍ مِّنْهُ ۖ
وَيُدْخِلُهُمْ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا
ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۚ رَضِىَ ٱللَّهُ عَنْهُمْ
وَرَضُواْ عَنْهُ ۚ أُوْلَٰٓئِكَ حِزْبُ ٱللَّهِ ۚ أَلَآ إِنَّ
حِزْبَ ٱللَّهِ هُمُ ٱلْمُفْلِحُونَ ﴿٢٢﴾

22. Awusoze wathola abantu abakholwa ku Allah noSuku lokuGcina bethakasela labo abaphambana no Allah neSithunywa Sakhe, noma bengaba abazali babo noma izingane zabo noma abafowabo noma imindeni yabo. Laboke u Allah uzinzise ukholo ezinhlizweni zabo futhi wabaqinisa nge*Ruhu* evela Kuye. Kantike uyobabeka ezivandeni okugeleza ezansi kwazo imifula, bayohlala kuzo unaphakade. U Allah uyothokoza ngabo kanti nabo bayothokoza ngaYe. Yiboke labo abayibutho lika Allah, belu ibutho lika Allah yilona eliyophumelela.

(59) SURA AL-HASHARU
UKUBUTHA

سُورَةُ الحَشۡرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Konke okusemazulwini nokusemhlabeni kudumisa u Allah, unguSomandla onoBuhlakani.

سَبَّحَ لِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلۡأَرۡضِۖ وَهُوَ ٱلۡعَزِيزُ ٱلۡحَكِيمُ ١

2. Nguye owakhipha labo abangakholwa kwabeMibhalo[1] emizini yabo okokuqala ngqa; naningacabangi ukuthi bayoke baphume, nabo babecabanga ukuthi izinqaba zabo ziyobavikela ku Allah, kepha u Allah wagasela lapho ababengalindele[2] khona. Wafaka uvalo ezinhlizweni zabo; babhidliza izindlu zabo ngezandla zabo nangezandla zabakholwayo; ngakhoke thathani isifundo nina enikhaliphile.

هُوَ ٱلَّذِيٓ أَخۡرَجَ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ مِنۡ أَهۡلِ ٱلۡكِتَٰبِ مِن دِيَٰرِهِمۡ لِأَوَّلِ ٱلۡحَشۡرِۚ مَا ظَنَنتُمۡ أَن يَخۡرُجُواْۖ وَظَنُّوٓاْ أَنَّهُم مَّانِعَتُهُمۡ حُصُونُهُم مِّنَ ٱللَّهِ فَأَتَىٰهُمُ ٱللَّهُ مِنۡ حَيۡثُ لَمۡ يَحۡتَسِبُواْۖ وَقَذَفَ فِي قُلُوبِهِمُ ٱلرُّعۡبَۚ يُخۡرِبُونَ بُيُوتَهُم بِأَيۡدِيهِمۡ وَأَيۡدِي ٱلۡمُؤۡمِنِينَ فَٱعۡتَبِرُواْ يَٰٓأُوْلِي ٱلۡأَبۡصَٰرِ ٢

3. Uma nje bekungesikho ukuthi u Allah wabanqumela ukuba baxoshwe, wayezobajezisa lapha

وَلَوۡلَآ أَن كَتَبَ ٱللَّهُ عَلَيۡهِمُ ٱلۡجَلَآءَ لَعَذَّبَهُمۡ فِي ٱلدُّنۡيَاۖ وَلَهُمۡ فِي ٱلۡأٓخِرَةِ عَذَابُ ٱلنَّارِ ٣

1 Lawa kwakungaMajuda isizwana sakwa Nadwiri esasidlondlobele impela ngokwengcebo nezakhiwo. Baphula isivumelwano ababenaso nabaMusilimu aseMadina, basebenzisa nezitha. Baba yisizwe sokuqala ukuxoshwa ezweni lama Arabhu ezizwaneni zaMajuda ezafika kwelama Arabhu zizokhosela.

2 Babengalindelanga ukuthi u Allah uzoyalela iSithunywa Sakhe ukuba sigalele kubo nebutho lempi sibaxoshe.

emhlabeni nakweLizayo bathole isijeziso soMlilo.

4. Lokho yingoba baphambane no Allah neSithunywa Sakhe; kanti kulowo ophambana no Allah, ngempela u Allah ujezisana kanzima.

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ شَآقُّواْ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥۖ وَمَن يُشَآقِّ ٱللَّهَ فَإِنَّ ٱللَّهَ شَدِيدُ ٱلْعِقَابِ ﴿٤﴾

5. Lezo zihlahla zamasundu enazigawula noma naziyeka zimile ngeziqu zazo, kuyintando ka Allah nokuthi ahlazise labo abayiziphula mthetho.

مَا قَطَعْتُم مِّن لِّينَةٍ أَوْ تَرَكْتُمُوهَا قَآئِمَةً عَلَىٰٓ أُصُولِهَا فَبِإِذْنِ ٱللَّهِ وَلِيُخْزِيَ ٱلْفَٰسِقِينَ ﴿٥﴾

6. Lokho okwabo u Allah akunika iSithunywa Sakhe, anizange nigibele mahhashi noma amakameli, kepha u Allah opha iZithunywa Zakhe amandla phezu kwalowo afunayo; u Allah unamandla phezu kwezinto zonke.

وَمَآ أَفَآءَ ٱللَّهُ عَلَىٰ رَسُولِهِۦ مِنْهُمْ فَمَآ أَوْجَفْتُمْ عَلَيْهِ مِنْ خَيْلٍ وَلَا رِكَابٍ وَلَٰكِنَّ ٱللَّهَ يُسَلِّطُ رُسُلَهُۥ عَلَىٰ مَن يَشَآءُۚ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٦﴾

7. Lokho kwabantu bezigodi u Allah akunika iSithunywa Sakhe, kungokuka Allah neSithunywa nezihlobo nezintandane nabampofu nezihambi, ukuze ingazungezi kulabo abacebile kuphela; futhi lokho iSithunywa esininika kona kuthatheni kuthi lokho aninqabela kona nizithibe, nithobele u Allah ngokuba u Allah ujezisana kanzima.

مَّآ أَفَآءَ ٱللَّهُ عَلَىٰ رَسُولِهِۦ مِنْ أَهْلِ ٱلْقُرَىٰ فَلِلَّهِ وَلِلرَّسُولِ وَلِذِى ٱلْقُرْبَىٰ وَٱلْيَتَٰمَىٰ وَٱلْمَسَٰكِينِ وَٱبْنِ ٱلسَّبِيلِ كَىْ لَا يَكُونَ دُولَةًۢ بَيْنَ ٱلْأَغْنِيَآءِ مِنكُمْۚ وَمَآ ءَاتَىٰكُمُ ٱلرَّسُولُ فَخُذُوهُ وَمَا نَهَىٰكُمْ عَنْهُ فَٱنتَهُواْۚ وَٱتَّقُواْ ٱللَّهَۖ إِنَّ ٱللَّهَ شَدِيدُ ٱلْعِقَابِ ﴿٧﴾

لِلْفُقَرَآءِ ٱلْمُهَٰجِرِينَ ٱلَّذِينَ أُخْرِجُوا۟ مِن دِيَٰرِهِمْ وَأَمْوَٰلِهِمْ يَبْتَغُونَ فَضْلًا مِّنَ ٱللَّهِ وَرِضْوَٰنًا وَيَنصُرُونَ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥٓ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلصَّٰدِقُونَ ﴿٨﴾

8. Nabantulayo kubafuduki laba abakhishwa emizini yabo nengcebo yabo belangazelele umusa ka Allah nokumthokozisa futhi bezimisele ukulekelela u Allah neSithunywa Sakhe. Yiboke labo abaneqiniso.

وَٱلَّذِينَ تَبَوَّءُو ٱلدَّارَ وَٱلْإِيمَٰنَ مِن قَبْلِهِمْ يُحِبُّونَ مَنْ هَاجَرَ إِلَيْهِمْ وَلَا يَجِدُونَ فِى صُدُورِهِمْ حَاجَةً مِّمَّآ أُوتُوا۟ وَيُؤْثِرُونَ عَلَىٰٓ أَنفُسِهِمْ وَلَوْ كَانَ بِهِمْ خَصَاصَةٌ ۚ وَمَن يُوقَ شُحَّ نَفْسِهِۦ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُفْلِحُونَ ﴿٩﴾

9. Labo ababe sebengaphambi kwabo bakhile futhi bathatha nokholo, bayabathanda labo abafudukela kubo futhi abanawo umona ezinhlizweni zabo ngalokho abanakho. Futhi bayazikhandla ekunaneleni abanye nakuba bengenakho okutheni. Kantike lowo ohlengwe emoneni womphefumulo wakhe, ngempela, ungophumeleleyo.

وَٱلَّذِينَ جَآءُو مِنۢ بَعْدِهِمْ يَقُولُونَ رَبَّنَا ٱغْفِرْ لَنَا وَلِإِخْوَٰنِنَا ٱلَّذِينَ سَبَقُونَا بِٱلْإِيمَٰنِ وَلَا تَجْعَلْ فِى قُلُوبِنَا غِلًّا لِّلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ رَبَّنَآ إِنَّكَ رَءُوفٌ رَّحِيمٌ ﴿١٠﴾

10. Kanti laba ababelamayo, bathi: "Nkosi yethu sithethelele thina kanye nabaFowethu abasandulelayo ngokholo futhi ungafaki inzondo ezinhlizweni zethu kulabo abakholwayo; Nkosi yethu, ngempela ungOnobubele Onesihawu.

* أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلَّذِينَ نَافَقُوا۟ يَقُولُونَ لِإِخْوَٰنِهِمُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِنْ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ لَئِنْ أُخْرِجْتُمْ لَنَخْرُجَنَّ مَعَكُمْ وَلَا نُطِيعُ فِيكُمْ أَحَدًا أَبَدًا وَإِن قُوتِلْتُمْ لَنَنصُرَنَّكُمْ وَٱللَّهُ يَشْهَدُ إِنَّهُمْ لَكَٰذِبُونَ ﴿١١﴾

11. Awubabonanga yini laba abangamaphixiphixi lapho bekhuluma nabanewabo beMibhalo abangakholwa, bethi: "Uma nixoshwa, siyakuphuma nani, futhi asiyukulalela muntu ngani sanhlobo; uma nilwiswa, siyakunilekelela". U Allah Uyazi ukuthi bahubha aluhlaza amanga.

12. Uma bexoshwa abayikuphuma nabo, uma belwiswa abayikubasiza; uma kwenzeka bebasiza izithende ziyoshaya esiphundu ngakhoke abayikusizwa.

لَئِنْ أُخْرِجُوا۟ لَا يَخْرُجُونَ مَعَهُمْ وَلَئِن قُوتِلُوا۟ لَا يَنصُرُونَهُمْ وَلَئِن نَّصَرُوهُمْ لَيُوَلُّنَّ ٱلْأَدْبَـٰرَ ثُمَّ لَا يُنصَرُونَ ﴿١٢﴾

13. Empeleni nina enikholwayo, niyesabeka kubo ukwendlula u Allah uqobo; lokho yingoba bangabantu abangaqondi.

لَأَنتُمْ أَشَدُّ رَهْبَةً فِى صُدُورِهِم مِّنَ ٱللَّهِ ۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ قَوْمٌ لَّا يَفْقَهُونَ ﴿١٣﴾

14. Abasoze balwa nani beyibutho, ngaphandle uma besezinqabeni noma bebhace ngezindonga. Uhilizwisano phakathi kwabo lukhulu. Ungacabanga ukuthi babumbene kepha izinhliziyo zabo zahlukene; lokho yingoba bengabantu abangaphusile.

لَا يُقَـٰتِلُونَكُمْ جَمِيعًا إِلَّا فِى قُرًى مُّحَصَّنَةٍ أَوْ مِن وَرَآءِ جُدُرٍۭ ۚ بَأْسُهُم بَيْنَهُمْ شَدِيدٌ ۚ تَحْسَبُهُمْ جَمِيعًا وَقُلُوبُهُمْ شَتَّىٰ ۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ قَوْمٌ لَّا يَعْقِلُونَ ﴿١٤﴾

15. Befana nalabo ababandulelayo kungekudala; bawuthola umvuzo wezenzo zabo futhi bamelwe isijeziso esibuhlungu.

كَمَثَلِ ٱلَّذِينَ مِن قَبْلِهِمْ قَرِيبًا ذَاقُوا۟ وَبَالَ أَمْرِهِمْ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١٥﴾

16. Befana noShayitani lapho ethi kumuntu: "Phika ukholo" kuthi eseluphikile athi: "Mina angihlangene nawe, mina ngizesabela u Allah iNkosi yezizwe zonke".

كَمَثَلِ ٱلشَّيْطَـٰنِ إِذْ قَالَ لِلْإِنسَـٰنِ ٱكْفُرْ فَلَمَّا كَفَرَ قَالَ إِنِّى بَرِىٓءٌ مِّنكَ إِنِّىٓ أَخَافُ ٱللَّهَ رَبَّ ٱلْعَـٰلَمِينَ ﴿١٦﴾

17. Isijeziso sabo kwaba ukuba bangene eMlilweni babhadle kuwo unaphakade. Yisoke leso isijeziso sabaphambukayo.

فَكَانَ عَـٰقِبَتَهُمَآ أَنَّهُمَا فِى ٱلنَّارِ خَـٰلِدَيْنِ فِيهَا ۚ وَذَٰلِكَ جَزَٰٓؤُا۟ ٱلظَّـٰلِمِينَ ﴿١٧﴾

18. Nina enikholwayo! Thobelani u Allah, umuntu nomuntu abheke ukuthi ulilungiseleleni iKusasa;

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَلْتَنظُرْ نَفْسٌ مَّا قَدَّمَتْ لِغَدٍ ۖ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ

إِنَّ ٱللَّهَ خَبِيرٌۢ بِمَا تَعۡمَلُونَ ١٨

nithobele u Allah, ngokuba u Allah uyakwazi enikwenzayo.

وَلَا تَكُونُواْ كَٱلَّذِينَ نَسُواْ ٱللَّهَ فَأَنسَىٰهُمۡ أَنفُسَهُمۡۚ أُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلۡفَٰسِقُونَ ١٩

19. Futhi ningabi njengalaba abakhohlwa u Allah, ngalokho, wabenza bazikhohlwa nabo uqobo. Yibona labo abayizamphula mthetho.

لَا يَسۡتَوِيٓ أَصۡحَٰبُ ٱلنَّارِ وَأَصۡحَٰبُ ٱلۡجَنَّةِۚ أَصۡحَٰبُ ٱلۡجَنَّةِ هُمُ ٱلۡفَآئِزُونَ ٢٠

20. Abafani laba abayongena eMlilweni nalabo abayongena e*Jana*; labo abayongena *eJana* yibona abaphumelele.

لَوۡ أَنزَلۡنَا هَٰذَا ٱلۡقُرۡءَانَ عَلَىٰ جَبَلٖ لَّرَأَيۡتَهُۥ خَٰشِعٗا مُّتَصَدِّعٗا مِّنۡ خَشۡيَةِ ٱللَّهِۚ وَتِلۡكَ ٱلۡأَمۡثَٰلُ نَضۡرِبُهَا لِلنَّاسِ لَعَلَّهُمۡ يَتَفَكَّرُونَ ٢١

21. Ukube nje Sehlisela le Kurani echobeni lentaba, wawuyoyibona ithamba iqhekeka ngenxa yokwesaba u Allah. Lezo izibonelo esizethula kuSintu ukuze bajule [bacabangisise].

هُوَ ٱللَّهُ ٱلَّذِي لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَۖ عَٰلِمُ ٱلۡغَيۡبِ وَٱلشَّهَٰدَةِۖ هُوَ ٱلرَّحۡمَٰنُ ٱلرَّحِيمُ ٢٢

22. Unguyena u Allah lo okungekho okufanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwaKhe, Isazi sokungabonwa nokubonwayo, nguYena Onomusa Onesihawu.

هُوَ ٱللَّهُ ٱلَّذِي لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ٱلۡمَلِكُ ٱلۡقُدُّوسُ ٱلسَّلَٰمُ ٱلۡمُؤۡمِنُ ٱلۡمُهَيۡمِنُ ٱلۡعَزِيزُ ٱلۡجَبَّارُ ٱلۡمُتَكَبِّرُۚ سُبۡحَٰنَ ٱللَّهِ عَمَّا يُشۡرِكُونَ ٢٣

23. Unguyena u Allah lo okungekho okufanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwaKhe, nguYena OyiNkosi Ongcwele Onokuthula OnguMhlengi Oqaphile uSomandla Oyingqungqulu Ophakeme ; makangcweliswe u Allah kulokho abakubhangqayo.

هُوَ ٱللَّهُ ٱلۡخَٰلِقُ ٱلۡبَارِئُ ٱلۡمُصَوِّرُۖ لَهُ ٱلۡأَسۡمَآءُ ٱلۡحُسۡنَىٰۚ يُسَبِّحُ لَهُۥ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلۡأَرۡضِۖ وَهُوَ ٱلۡعَزِيزُ ٱلۡحَكِيمُ ٢٤

24. Nguyena u Allah, uMdali uMsunguli uMbumbi; unaMagama aMahle, konke okusemaZulwini naseMhlabeni kuyamdumisa; unguSomandla Okhaliphile.

(60) SURA AL-MUMTAHINA
ISIVIVINYO

سُورَةُ الْمُمْتَحِنَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ لَا تَتَّخِذُواْ عَدُوِّى
وَعَدُوَّكُمْ أَوْلِيَآءَ تُلْقُونَ إِلَيْهِم بِٱلْمَوَدَّةِ
وَقَدْ كَفَرُواْ بِمَا جَآءَكُم مِّنَ ٱلْحَقِّ
يُخْرِجُونَ ٱلرَّسُولَ وَإِيَّاكُمْ أَن تُؤْمِنُواْ
بِٱللَّهِ رَبِّكُمْ إِن كُنتُمْ خَرَجْتُمْ جِهَٰدًا
فِى سَبِيلِى وَٱبْتِغَآءَ مَرْضَاتِىۚ تُسِرُّونَ
إِلَيْهِم بِٱلْمَوَدَّةِ وَأَنَا۠ أَعْلَمُ بِمَآ أَخْفَيْتُمْ
وَمَآ أَعْلَنتُمْۚ وَمَن يَفْعَلْهُ مِنكُمْ فَقَدْ
ضَلَّ سَوَآءَ ٱلسَّبِيلِ ﴿١﴾

1. Nina enikholwayo! Ningenzi isitha Sami nesitha senu abangani nibakhombise ukubakhathalela; bheka ngoba baliphikile iqiniso elifike kini, baxosha iSithunywa kanye nani uqobo, ngenxa yokuba nikholwe ku Allah iNkosi yenu. Uma niphume impi endleni Yami futhi nihlose ukuzuza intokomalo yami, nibapha izimfihlo nibakhathalele, nakuba Ngazi konke enikwenza ngasese nenikwenza obala. Lowo owenza lokho kini, ngempela usephambukile endleleni eqondile.

إِن يَثْقَفُوكُمْ يَكُونُواْ لَكُمْ أَعْدَآءً
وَيَبْسُطُوٓاْ إِلَيْكُمْ أَيْدِيَهُمْ وَأَلْسِنَتَهُم
بِٱلسُّوٓءِ وَوَدُّواْ لَوْ تَكْفُرُونَ ﴿٢﴾

2. Uma bona benithola bayoba izitha zenu bagadle ngokubi ngezandla zabo nemilomo yabo; futhi bafisa ukuba nibe abaphika ukholo.

لَن تَنفَعَكُمْ أَرْحَامُكُمْ وَلَآ أَوْلَٰدُكُمْۚ
يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ يَفْصِلُ بَيْنَكُمْۚ وَٱللَّهُ بِمَا
تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٣﴾

3. Ubuhlobo benu nozalo lwenu aliyikunisiza ngalutho; ngoSuku loKwahlulela Uyokwahlulela phakathi kwenu, ngokuba u Allah Ungobona konke enikwenzayo.

قَدْ كَانَتْ لَكُمْ أُسْوَةٌ حَسَنَةٌ فِىٓ
إِبْرَٰهِيمَ وَٱلَّذِينَ مَعَهُۥٓ إِذْ قَالُوا۟ لِقَوْمِهِمْ
إِنَّا بُرَءَٰٓؤُا۟ مِنكُمْ وَمِمَّا تَعْبُدُونَ مِن
دُونِ ٱللَّهِ كَفَرْنَا بِكُمْ وَبَدَا بَيْنَنَا
وَبَيْنَكُمُ ٱلْعَدَٰوَةُ وَٱلْبَغْضَآءُ أَبَدًا حَتَّىٰ
تُؤْمِنُوا۟ بِٱللَّهِ وَحْدَهُۥٓ إِلَّا قَوْلَ إِبْرَٰهِيمَ
لِأَبِيهِ لَأَسْتَغْفِرَنَّ لَكَ وَمَآ أَمْلِكُ لَكَ
مِنَ ٱللَّهِ مِن شَىْءٍ ۖ رَّبَّنَا عَلَيْكَ تَوَكَّلْنَا
وَإِلَيْكَ أَنَبْنَا وَإِلَيْكَ ٱلْمَصِيرُ ﴿٤﴾

4. Empeleni ninesibonelo esihle ku *Ibhirahimu* kanye nalabo ayenabo mhla bethi kubantu bakubo: "Thina asizibandakanyi nani kanye nalokho enikukhonzayo ngaphandle kuka Allah; asikholwa kini; ubutha nenzondo bumile phakathi kwethu nani kuze kube nikholwa ku Allah Yena Yedwa – ngaphandle kwamazwi ka *Ibhirahimu* lapho ethi kuyise: 'ngizokucelela intethelelo futhi ayikho into engingakwenzela yona ku Allah' - ; Nkosi yethu sethembele Kuwe futhi sizilahla Kuwe kanti neSiphetho siKuwe…"

رَبَّنَا لَا تَجْعَلْنَا فِتْنَةً لِّلَّذِينَ كَفَرُوا۟
وَٱغْفِرْ لَنَا رَبَّنَآ ۖ إِنَّكَ أَنتَ ٱلْعَزِيزُ
ٱلْحَكِيمُ ﴿٥﴾

5. "Nkosi yethu ungasenzi isisulu salabo abangakholwa, usithethelele Nkosi yethu, ngokuba Wena unguSomandla Okhaliphile.

لَقَدْ كَانَ لَكُمْ فِيهِمْ أُسْوَةٌ حَسَنَةٌ لِّمَن
كَانَ يَرْجُوا۟ ٱللَّهَ وَٱلْيَوْمَ ٱلْءَاخِرَ ۚ وَمَن
يَتَوَلَّ فَإِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْغَنِىُّ ٱلْحَمِيدُ ﴿٦﴾

6. Ngempela ninesibonelo esihle kubo, kulowo okholwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina. Kanti lowo ophambukayo, u Allah Uzimele Uyadunyiswa.

عَسَى ٱللَّهُ أَن يَجْعَلَ بَيْنَكُمْ وَبَيْنَ ۛ
ٱلَّذِينَ عَادَيْتُم مِّنْهُم مَّوَدَّةً ۚ وَٱللَّهُ قَدِيرٌ ۚ
وَٱللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٧﴾

7. Maduzane nje u Allah uzokwenza kube nokuzwana[1] phakathi kwenu nalabo enibazondayo. Bheka ngoba u Allah Unamandla futhi u Allah Uyathethelela Unesihawu.

1 Ngokuba babe ngamaMuslimu baphenduke abafowenu nodadewenu okholweni.

لَّا يَنْهَىٰكُمُ ٱللَّهُ عَنِ ٱلَّذِينَ لَمْ
يُقَٰتِلُوكُمْ فِى ٱلدِّينِ وَلَمْ يُخْرِجُوكُم مِّن
دِيَٰرِكُمْ أَن تَبَرُّوهُمْ وَتُقْسِطُوٓا۟ إِلَيْهِمْ ۚ إِنَّ
ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلْمُقْسِطِينَ ﴿٨﴾

8. U Allah akanivimbi ukuba nibaphathe kahle futhi nenze ubulungiswa kulabo abanganilwisi ngenkolo yenu futhi bengezange banixoshe emizini yenu; ngokuba u Allah uyabathanda abenzi bobulungiswa.

إِنَّمَا يَنْهَىٰكُمُ ٱللَّهُ عَنِ ٱلَّذِينَ قَٰتَلُوكُمْ
فِى ٱلدِّينِ وَأَخْرَجُوكُم مِّن دِيَٰرِكُمْ
وَظَٰهَرُوا۟ عَلَىٰٓ إِخْرَاجِكُمْ أَن تَوَلَّوْهُمْ ۚ
وَمَن يَتَوَلَّهُمْ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلظَّٰلِمُونَ ﴿٩﴾

9. U Allah univimbela kuphela ukuba nizibandakanye nalabo abaniliswa ngenkolo yenu futhi banixoshe emizini yenu baphinde balekelelane ekunixosheni. Labo abazibandakanya nabo, yibonake abaphambukile.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِذَا جَآءَكُمُ
ٱلْمُؤْمِنَٰتُ مُهَٰجِرَٰتٍ فَٱمْتَحِنُوهُنَّ ۖ
ٱللَّهُ أَعْلَمُ بِإِيمَٰنِهِنَّ ۖ فَإِنْ عَلِمْتُمُوهُنَّ
مُؤْمِنَٰتٍ فَلَا تَرْجِعُوهُنَّ إِلَى ٱلْكُفَّارِ ۖ
لَا هُنَّ حِلٌّ لَّهُمْ وَلَا هُمْ يَحِلُّونَ لَهُنَّ ۖ
وَءَاتُوهُم مَّآ أَنفَقُوا۟ ۚ وَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ
أَن تَنكِحُوهُنَّ إِذَآ ءَاتَيْتُمُوهُنَّ أُجُورَهُنَّ ۚ
وَلَا تُمْسِكُوا۟ بِعِصَمِ ٱلْكَوَافِرِ وَسْـَٔلُوا۟
مَآ أَنفَقْتُمْ وَلْيَسْـَٔلُوا۟ مَآ أَنفَقُوا۟ ۚ ذَٰلِكُمْ
حُكْمُ ٱللَّهِ يَحْكُمُ بَيْنَكُمْ ۖ وَٱللَّهُ
عَلِيمٌ حَكِيمٌ ﴿١٠﴾

10. Nina enikholwayo! Uma kufika kini abakholwayo besimame bengabafuduki, bavivinyeni; u Allah kuphela owazi ngesimo sokholo lwabo. Uma seniqinisekisile ukuthi bangabakholwayo, ningabe nisababuyisela kubangakholwa, ngokuba bona [abakholwayo besimame] abavumelekile ukushada nabo kanti nabo [abangakholwa] abavumelekile ukushada nabo. Alikho icala uma nifuna ukubashada, uma nje senibanike amalobolo abo. Futhi ningagcini abangakholwa [besimame] emshadweni; nicele lokho enakukhipha, nabo [abangakholwa] bacele lokho

abakukhipha. Lowo umthetho[1] ka Allah wehlulela phakathi kwenu; u Allah Wazi konke Ukhaliphile.

وَإِن فَاتَكُمْ شَيْءٌ مِّنْ أَزْوَاجِكُمْ إِلَى ٱلْكُفَّارِ فَعَاقَبْتُمْ فَـَٔاتُوا۟ ٱلَّذِينَ ذَهَبَتْ أَزْوَاجُهُم مِّثْلَ مَآ أَنفَقُوا۟ ۖ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ ٱلَّذِىٓ أَنتُم بِهِۦ مُؤْمِنُونَ ﴿١١﴾

11. Uma abafazi benu benishiya bebuyele kwabangakholwa; bese nihlabana empini, nikani labo abahanjelwe abafazi babo okulingana nalokho abakukhipha[2]; nizithobe ku Allah, lo enikholwa Kuye.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِىُّ إِذَا جَآءَكَ ٱلْمُؤْمِنَـٰتُ يُبَايِعْنَكَ عَلَىٰٓ أَن لَّا يُشْرِكْنَ بِٱللَّهِ شَيْـًٔا وَلَا يَسْرِقْنَ وَلَا يَزْنِينَ وَلَا يَقْتُلْنَ أَوْلَـٰدَهُنَّ وَلَا يَأْتِينَ بِبُهْتَـٰنٍ يَفْتَرِينَهُۥ بَيْنَ أَيْدِيهِنَّ وَأَرْجُلِهِنَّ وَلَا يَعْصِينَكَ فِى مَعْرُوفٍ فَبَايِعْهُنَّ وَٱسْتَغْفِرْ لَهُنَّ ٱللَّهَ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٢﴾

12. Sithunywa! Uma kufika kuwe abesimame abakholwayo bezofunga ukuba abasoze babhanqa lutho no Allah noma bebe noma baphinge noma babulale izingane zabo noma baqambe amanga ngamavezandlebe noma baphambane nawe kokuhle; bafungise ubacelele nentethelelo ku Allah ngokuba u Allah Uyathethelela Unesihawu.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تَتَوَلَّوْا۟ قَوْمًا غَضِبَ ٱللَّهُ عَلَيْهِمْ قَدْ يَئِسُوا۟ مِنَ ٱلْـَٔاخِرَةِ كَمَا يَئِسَ ٱلْكُفَّارُ مِنْ أَصْحَـٰبِ ٱلْقُبُورِ ﴿١٣﴾

13. Nina enikholwayo! Ningazibandakanyi nabantu abathukuthelelwe ngu Allah; bheka ngoba abanathemba ngeLizayo, njengalokhu abangakholwa bengenathemba ngabasemathuneni.

1 Lomthetho uthi; uma owesimame eshiya indoda yakhe embukele kwabangakholwa, indoda kumele ibuyiselwe ilobolo layo. Kanjalo uma owesimame eba iMusilimu ashiye indoda yakhe engelona iMusilimu, indoda kumele ibuyiselwe ilobolo layo.

2 Uma indoda eyiMusilimu yembukelwa umfazi wayo kubangakholwa, kepha behluleke ukumbuyisela ilobolo lakhe. Uyobe usekhokhelwa ngemcebo amaMusilimu ahlabene ngawo empini.

(61) SURA AS-SWAF
UMUGQA

سُورَةُ الصَّفِّ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Konke okusemaZulwini naseMhlabeni kudumisa u Allah, futhi nguye uSomandla Okhaliphile.

سَبَّحَ لِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلْأَرْضِ ۖ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿١﴾

2. Nina enikholwayo kungani nikhuluma eningakwenzi na?

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لِمَ تَقُولُونَ مَا لَا تَفْعَلُونَ ﴿٢﴾

3. Kumuthukuthelisa kakhulu u Allah uma nikhuluma eningakwenzi.

كَبُرَ مَقْتًا عِندَ ٱللَّهِ أَن تَقُولُوا۟ مَا لَا تَفْعَلُونَ ﴿٣﴾

4. U Allah uthanda labo uma belwa endleleni Yakhe bame ngemigqa kube ngathi bayisakhiwo esihlangene.

إِنَّ ٱللَّهَ يُحِبُّ ٱلَّذِينَ يُقَٰتِلُونَ فِي سَبِيلِهِۦ صَفًّا كَأَنَّهُم بُنْيَٰنٌ مَّرْصُوصٌ ﴿٤﴾

5. Khumbula lapho uMusa ethi kubantu bakhe: "Bantu bami, kungani ningihlukumeza nibe nazi kahle ukuthi ngiyiSithunywa sika Allah kini". Kwathi uma bephambuka, u Allah waphambukisa izinhliziyo zabo.

وَإِذْ قَالَ مُوسَىٰ لِقَوْمِهِۦ يَٰقَوْمِ لِمَ تُؤْذُونَنِي وَقَد تَّعْلَمُونَ أَنِّي رَسُولُ ٱللَّهِ إِلَيْكُمْ ۖ فَلَمَّا زَاغُوٓا۟ أَزَاغَ ٱللَّهُ قُلُوبَهُمْ ۚ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِي ٱلْقَوْمَ ٱلْفَٰسِقِينَ ﴿٥﴾

6. Khumbula futhi lapho *u-Isa* ka *Mariyamu* ethi: "Sizwe sika Isirayeli, ngempela

وَإِذْ قَالَ عِيسَى ٱبْنُ مَرْيَمَ يَٰبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ إِنِّي رَسُولُ ٱللَّهِ إِلَيْكُم

ngiyiSithunywa sika Allah kini, ngifakazela lokho okufike phambi kwami futhi ngethula izindaba ezinhle ngeSithunywa esiza emuva kwami ogama laso ngu Ahmadi".[1] Kwathi lapho ebalethela izibonakaliso bathi: "Lokhu ubuthakathi uqobo".

مُّصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيَّ مِنَ ٱلتَّوْرَىٰةِ وَمُبَشِّرًۢا بِرَسُولٍ يَأْتِى مِنۢ بَعْدِى ٱسْمُهُۥٓ أَحْمَدُ ۖ فَلَمَّا جَآءَهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ قَالُوا۟ هَٰذَا سِحْرٌ مُّبِينٌ ﴿٦﴾

7. Ingabe ubani ophambuke ukundlula lowo oqamba amanga ngo Allah ebe emenyelwa ku Isilamu; u Allah akabahlengi abantu abaphambukile.

وَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّنِ ٱفْتَرَىٰ عَلَى ٱللَّهِ ٱلْكَذِبَ وَهُوَ يُدْعَىٰٓ إِلَى ٱلْإِسْلَٰمِ ۚ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٧﴾

8. Bafuna ukushabalalisa inkanyiso ka Allah[2]; kepha u Allah uyoyiphelelisa inkanyiso yaKhe nakuba abangakholwa bengathandi.

يُرِيدُونَ لِيُطْفِـُٔوا۟ نُورَ ٱللَّهِ بِأَفْوَٰهِهِمْ وَٱللَّهُ مُتِمُّ نُورِهِۦ وَلَوْ كَرِهَ ٱلْكَٰفِرُونَ ﴿٨﴾

9. Phela nguyena owathumela iSithunywa Sakhe nenkolo yeqiniso ukuze ayiphakamise phezu kwazo zonke izinkolo nakuba ama*Mushiriki* engathandi.

هُوَ ٱلَّذِىٓ أَرْسَلَ رَسُولَهُۥ بِٱلْهُدَىٰ وَدِينِ ٱلْحَقِّ لِيُظْهِرَهُۥ عَلَى ٱلدِّينِ كُلِّهِۦ وَلَوْ كَرِهَ ٱلْمُشْرِكُونَ ﴿٩﴾

10. Nina enikholwayo! Nginganikhombisa uhwebo oluzoniphephisa esijezisweni esibuhlungu na?

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ هَلْ أَدُلُّكُمْ عَلَىٰ تِجَٰرَةٍ تُنجِيكُم مِّنْ عَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿١٠﴾

1 Isithunywa sika Allah sokugcina uMuhamadi wathi: "

2]Ngamanga abawaqambayo ukuze bavimbe isintu ekwamukeleni i-Isilamu njengendlela yabo yokuphila.

تُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ وَتُجَٰهِدُونَ فِى
سَبِيلِ ٱللَّهِ بِأَمْوَٰلِكُمْ وَأَنفُسِكُمْ ۚ ذَٰلِكُمْ
خَيْرٌ لَّكُمْ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿١١﴾

11. Kholwani ku Allah neSithunywa Sakhe futhi nilwe endleleni Yakhe ngengcebo yenu kanye nani uqobo; lokho yikona okuhle kini uma nje benazi.

يَغْفِرْ لَكُمْ ذُنُوبَكُمْ وَيُدْخِلْكُمْ
جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ
وَمَسَٰكِنَ طَيِّبَةً فِى جَنَّٰتِ عَدْنٍ ۚ ذَٰلِكَ
ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿١٢﴾

12. Uyonithethelela izimpambuko zenu aningenise eziVandeni okugeleza imifula ngaphansi kwazo, kanye nezindawo zokuhlala ezinhle eziVandeni zenhlalo engunomphela; lokho iyona kanye impumelelo enkulu.

وَأُخْرَىٰ تُحِبُّونَهَا ۖ نَصْرٌ مِّنَ ٱللَّهِ وَفَتْحٌ
قَرِيبٌ ۗ وَبَشِّرِ ٱلْمُؤْمِنِينَ ﴿١٣﴾

13. Kokunye enikulangazelelayo, usizo luka Allah nokunqoba okuseduze; yethulake izindaba ezinhle kwabakholwayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ كُونُوٓا۟ أَنصَارَ ٱللَّهِ
كَمَا قَالَ عِيسَى ٱبْنُ مَرْيَمَ لِلْحَوَارِيِّۧنَ
مَنْ أَنصَارِىٓ إِلَى ٱللَّهِ ۖ قَالَ ٱلْحَوَارِيُّونَ
نَحْنُ أَنصَارُ ٱللَّهِ ۖ فَـَٔامَنَت طَّآئِفَةٌ مِّنۢ
بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ وَكَفَرَت طَّآئِفَةٌ ۖ فَأَيَّدْنَا
ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ عَلَىٰ عَدُوِّهِمْ فَأَصْبَحُوا۟
ظَٰهِرِينَ ﴿١٤﴾

14. Nina enikholwayo, yibani abasizi baka Allah[1], njenga mhla *u-Isa* ka *Mariyamu* ethi kuma*Hawariyina*: "Obani abazoba abasizi bami ku Allah na?" Athi ama*Hawariyina*: "Yithina abasizi baka Allah!". Kwaba khona labo abakholwayo esizweni sika Isirayeli futhi kwaba khona labo abangakholwa; sabe-ke sesilekelela labo abakholwayo ezitheni zabo baba ngabanqobayo.

1 Ukusiza u Allah lapha, kusho ukuzikhandla ekuqhakambiseni nasekugcineni intando nemiyalo ka Allah, i-Isilamu.

(62) SURA JUMA
ULWESIHLANU

سُورَةُ الجُمُعَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

يُسَبِّحُ لِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلْأَرْضِ
ٱلْمَلِكِ ٱلْقُدُّوسِ ٱلْعَزِيزِ ٱلْحَكِيمِ ﴿١﴾

هُوَ ٱلَّذِي بَعَثَ فِي ٱلْأُمِّيِّـۧنَ رَسُولًا
مِّنْهُمْ يَتْلُوا۟ عَلَيْهِمْ ءَايَٰتِهِۦ وَيُزَكِّيهِمْ
وَيُعَلِّمُهُمُ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْحِكْمَةَ وَإِن كَانُوا۟
مِن قَبْلُ لَفِي ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٢﴾

وَءَاخَرِينَ مِنْهُمْ لَمَّا يَلْحَقُوا۟ بِهِمْ ۚ وَهُوَ
ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٣﴾

ذَٰلِكَ فَضْلُ ٱللَّهِ يُؤْتِيهِ مَن يَشَآءُ ۚ وَٱللَّهُ
ذُو ٱلْفَضْلِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٤﴾

مَثَلُ ٱلَّذِينَ حُمِّلُوا۟ ٱلتَّوْرَىٰةَ ثُمَّ لَمْ
يَحْمِلُوهَا كَمَثَلِ ٱلْحِمَارِ يَحْمِلُ أَسْفَارًۢا ۚ
بِئْسَ مَثَلُ ٱلْقَوْمِ ٱلَّذِينَ كَذَّبُوا۟
بِـَٔايَٰتِ ٱللَّهِ ۚ وَٱللَّهُ لَا يَهْدِي ٱلْقَوْمَ
ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٥﴾

1. Konke okusemaZulwini naseMhlabeni kudumisa u Allah, onguMbusi, oNgcwele, onguSomandla oKhaliphile.
2. Nguyena owaqoka kwabangafundile iSithunywa kubo esibafundela imibiko Yakhe, sibahlanze futhi sibafundisa iNcwadi kanye ne*Hikima*; nakuba endulo babesekudukeni imbala.
3. Kanti abanye babo baseza emuvakwabo, futhi nguYena onguSomandla oKhaliphile.
4. Lokho kuwumusa ka Allah awupha amthandayo, bheka ngoba u Allah unomusa omkhulu.
5. Labo abathwesa ukulandela iTora kepha bangayilandela, bafaniswa nembongolo ethwele imiqulu yezincwadi; saze sasibi isifaniso salabo abaphika imibiko yaka Allah; kanti futhi u Allah akababaholi labo abaphambukile.

قُلْ يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ هَادُوٓاْ إِن زَعَمْتُمْ أَنَّكُمْ أَوْلِيَآءُ لِلَّهِ مِن دُونِ ٱلنَّاسِ فَتَمَنَّوُاْ ٱلْمَوْتَ إِن كُنتُمْ صَـٰدِقِينَ ٦

6. Yithi: "Nina eningamaJuda uma niqakambisa ukuthi ningabangani baka Allah ngale kwabanye abantu, langazelelanike ukufa uma ngempela niqinisile".

وَلَا يَتَمَنَّوْنَهُۥٓ أَبَدًۢا بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيهِمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِٱلظَّـٰلِمِينَ ٧

7. Kepha abasoze bakulangezelela ngenxa yezenzo zabo; kantike u Allah ubazi kahle abaphambukile.

قُلْ إِنَّ ٱلْمَوْتَ ٱلَّذِى تَفِرُّونَ مِنْهُ فَإِنَّهُۥ مُلَـٰقِيكُمْ ۖ ثُمَّ تُرَدُّونَ إِلَىٰ عَـٰلِمِ ٱلْغَيْبِ وَٱلشَّهَـٰدَةِ فَيُنَبِّئُكُم بِمَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ٨

8. Yithi: "Ukufa lokhu enikubalekelayo, empeleni kuyanifica, bese nibuyiselwa kuMazi wokungabonwa nokubonwayo, abe esenazisa ngebenikwenza.

يَـٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِذَا نُودِىَ لِلصَّلَوٰةِ مِن يَوْمِ ٱلْجُمُعَةِ فَٱسْعَوْاْ إِلَىٰ ذِكْرِ ٱللَّهِ وَذَرُواْ ٱلْبَيْعَ ۚ ذَٰلِكُمْ خَيْرٌ لَّكُمْ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ٩

9. Nina enikholwayo! Uma sekumenyezelwa iSwala ngosuku lweJuma, phuthumelani enkumbuzweni ka Allah nishiye ukuhweba. Yikona lokho okuhle kini uma nje benazi.

فَإِذَا قُضِيَتِ ٱلصَّلَوٰةُ فَٱنتَشِرُواْ فِى ٱلْأَرْضِ وَٱبْتَغُواْ مِن فَضْلِ ٱللَّهِ وَٱذْكُرُواْ ٱللَّهَ كَثِيرًا لَّعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ١٠

10. Uma isiphothuliwe iSwala, chithekani emhlabeni nizithungathele emseni ka Allah, nikhumbule u Allah kakhulu ukuze niphumelele.

وَإِذَا رَأَوْاْ تِجَـٰرَةً أَوْ لَهْوًا ٱنفَضُّوٓاْ إِلَيْهَا وَتَرَكُوكَ قَآئِمًا ۚ قُلْ مَا عِندَ ٱللَّهِ خَيْرٌ مِّنَ ٱللَّهْوِ وَمِنَ ٱلتِّجَـٰرَةِ ۚ وَٱللَّهُ خَيْرُ ٱلرَّٰزِقِينَ ١١

11. Uma sebebona uhwebo noma umcimbi baphuma kuwo bakushiye wena umile. Yithi: "Okuku Allah kungcono kunomcimbi nohwebo, futhi u Allah nguyena uMondli ongcono.

(63) SURA MUNAFIKUNA ABAZENZISI

سُورَةُ ٱلْمُنَٰفِقُونَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Uma abazenzisi beza kuwe bathi: "Siyafakaza ukuthi ngempela wena uyiSithunywa sika Allah"; u Allah uyazi ukuthi uyiSithunywa Sakhe kanti futhi u Allah uyafakaza ukuthi abazenzisi bangabahubhi bamanga.

إِذَا جَآءَكَ ٱلْمُنَٰفِقُونَ قَالُوا۟ نَشْهَدُ إِنَّكَ لَرَسُولُ ٱللَّهِ ۘ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ إِنَّكَ لَرَسُولُهُۥ ۖ وَٱللَّهُ يَشْهَدُ إِنَّ ٱلْمُنَٰفِقِينَ لَكَٰذِبُونَ ﴿١﴾

2. Basebenzise izifungo zabo njengehawu; bevimba kwasani endleleni ka Allah. Ngempela yimbi lento abayenzayo.

ٱتَّخَذُوٓا۟ أَيْمَٰنَهُمْ جُنَّةً فَصَدُّوا۟ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ ۚ إِنَّهُمْ سَآءَ مَا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿٢﴾

3. Belu yingoba bakholwa babe sebeluphika futhi ukholo; izinhliziyo zabo zalukhuni ngakhoke abanakuqonda.

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ ءَامَنُوا۟ ثُمَّ كَفَرُوا۟ فَطُبِعَ عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ فَهُمْ لَا يَفْقَهُونَ ﴿٣﴾

4. Uma ubabona, imizimba yabo iyakumangaza kanti uma bekhuluma uyayilalela inkulumo yabo, bafana nezigxobo ezigxunyekiwe[1]. Bahlale becabanga ukuthi sonke isambulo singabo. Bayisitha

* وَإِذَا رَأَيْتَهُمْ تُعْجِبُكَ أَجْسَامُهُمْ ۖ وَإِن يَقُولُوا۟ تَسْمَعْ لِقَوْلِهِمْ ۖ كَأَنَّهُمْ خُشُبٌ مُّسَنَّدَةٌ ۖ يَحْسَبُونَ كُلَّ صَيْحَةٍ عَلَيْهِمْ ۚ هُمُ ٱلْعَدُوُّ فَٱحْذَرْهُمْ ۚ قَٰتَلَهُمُ ٱللَّهُ ۖ أَنَّىٰ يُؤْفَكُونَ ﴿٤﴾

1 Abazenzisi lapho belalele izimfundiso zeSithunywa bavane bandwaze, kungene ngapha kuphume ngale, kuhle kwezigxobo, zona ezingezwa futhi aziqondi lutho.

uqobo, ngakhoke baqaphele. Engathi u Allah angabahlazisa, baphambukelephi.

5. Uma kuthiwa kubo: "Wozani iSithunywa sika Allah sinicelele intethelelo", bavane bagebise amakhanda phansi futhi uyobabona sebevimba bezigqaja.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمْ تَعَالَوْا۟ يَسْتَغْفِرْ لَكُمْ رَسُولُ ٱللَّهِ لَوَّوْا۟ رُءُوسَهُمْ وَرَأَيْتَهُمْ يَصُدُّونَ وَهُم مُّسْتَكْبِرُونَ ﴿٥﴾

6. Kuyefana nje kubo, ubacelela intethelelo noma awubaceleli, u Allah akasoze abathethelela, ngokuba u Allah akabaholi labo abayiziphula mthetho.

سَوَآءٌ عَلَيْهِمْ أَسْتَغْفَرْتَ لَهُمْ أَمْ لَمْ تَسْتَغْفِرْ لَهُمْ لَن يَغْفِرَ ٱللَّهُ لَهُمْ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَهْدِى ٱلْقَوْمَ ٱلْفَٰسِقِينَ ﴿٦﴾

7. Yibo kanye laba abathi: "Ningabasizi labo abaneSithunywa sika Allah baze bahambe", nakuba imicebo yamazulu nomhlaba ingeka Allah, kepha abazenzisi abaqondisisi.

هُمُ ٱلَّذِينَ يَقُولُونَ لَا تُنفِقُوا۟ عَلَىٰ مَنْ عِندَ رَسُولِ ٱللَّهِ حَتَّىٰ يَنفَضُّوا۟ ۗ وَلِلَّهِ خَزَآئِنُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَلَٰكِنَّ ٱلْمُنَٰفِقِينَ لَا يَفْقَهُونَ ﴿٧﴾

8. Bathi: "Uma sesibuyele eMadina, ongumhlonishwa uyokhipha ongumfokazane", nakuba ukuhlonishwa kungokuka Alllah neSithunywa Sakhe nabakholwayo, kepha abazenzisi abazi.

يَقُولُونَ لَئِن رَّجَعْنَآ إِلَى ٱلْمَدِينَةِ لَيُخْرِجَنَّ ٱلْأَعَزُّ مِنْهَا ٱلْأَذَلَّ ۚ وَلِلَّهِ ٱلْعِزَّةُ وَلِرَسُولِهِۦ وَلِلْمُؤْمِنِينَ وَلَٰكِنَّ ٱلْمُنَٰفِقِينَ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٨﴾

9. Nina enikholwayo! Umcebo wenu nezingane zenu, mazinganilibazisi enkumbulweni ka Allah; labo abenza lokho, yibo kanye abalahlekelwe.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تُلْهِكُمْ أَمْوَٰلُكُمْ وَلَآ أَوْلَٰدُكُمْ عَن ذِكْرِ ٱللَّهِ ۚ وَمَن يَفْعَلْ ذَٰلِكَ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْخَٰسِرُونَ ﴿٩﴾

وَأَنفِقُواْ مِن مَّا رَزَقۡنَٰكُم مِّن قَبۡلِ
أَن يَأۡتِيَ أَحَدَكُمُ ٱلۡمَوۡتُ فَيَقُولَ رَبِّ
لَوۡلَآ أَخَّرۡتَنِيٓ إِلَىٰٓ أَجَلٖ قَرِيبٖ فَأَصَّدَّقَ
وَأَكُن مِّنَ ٱلصَّٰلِحِينَ ١٠

10. Futhi nanelane ngalokho esinabele kona ngaphambi kokuba kufike ukufa komunye wenu bese ethi: "Nkosi yami, uma nje ungangipha elinye ithuba ukuze nginikele futhi ngibe ngomunye wabalungileyo".

وَلَن يُؤَخِّرَ ٱللَّهُ نَفۡسًا إِذَا جَآءَ أَجَلُهَاۚ
وَٱللَّهُ خَبِيرُۢ بِمَا تَعۡمَلُونَ ١١

11. U Allah akasoze amupha umuntu elinye ithuba uma sesifikile isikhathi sakhe; futhi u Allah ukuqaphe konke enikwenzayo.

(64) SURA TAGABUNU
UKULAHLEKELWA

سُورَةُ التَّغَابُنِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kudumisa u Allah. Umbuso ungowaKhe nodumo lungolwaKhe, futhi unamandla okwenza noma yini.

يُسَبِّحُ لِلَّهِ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَمَا فِي ٱلْأَرْضِ ۖ لَهُ ٱلْمُلْكُ وَلَهُ ٱلْحَمْدُ ۖ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَيْءٍ قَدِيرٌ ﴿١﴾

2. Nguyena owanidala; kwaba khona abangakholwa kini kanye nabakholwayo. Belu u Allah ukubona konke enikwenzayo.

هُوَ ٱلَّذِي خَلَقَكُمْ فَمِنكُمْ كَافِرٌ وَمِنكُم مُّؤْمِنٌ ۚ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٢﴾

3. Udale amazulu nomhlaba ngeqiniso futhi wanibumba wanenza nabahle; kanti isiphetho sikuYe.

خَلَقَ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضَ بِٱلْحَقِّ وَصَوَّرَكُمْ فَأَحْسَنَ صُوَرَكُمْ ۖ وَإِلَيْهِ ٱلْمَصِيرُ ﴿٣﴾

4. Wazi konke okusemazulwini nasemhlabeni futhi Wazi konke enikufihlile nenikuveze obala; ngokuba u Allah ukwazi konke okuthukuswe ezifubeni.

يَعْلَمُ مَا فِي ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَيَعْلَمُ مَا تُسِرُّونَ وَمَا تُعْلِنُونَ ۚ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿٤﴾

5. Aniyitholanga indaba yalabo abaphika ukholo endulo na?; bazivuna izithelo zemisebenzi yabo futhi bathola isijeziso esibuhlungu.

أَلَمْ يَأْتِكُمْ نَبَؤُا۟ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِن قَبْلُ فَذَاقُوا۟ وَبَالَ أَمْرِهِمْ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٥﴾

6. Lokho yingoba kwakuthi uma iZithunywa zabo ziletha izibonakaliso, bathi: "Singaholwa

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُۥ كَانَت تَّأْتِيهِمْ رُسُلُهُم بِٱلْبَيِّنَٰتِ فَقَالُوٓا۟ أَبَشَرٌ يَهْدُونَنَا

umuntu na?" Baphika ukholo bafulathela; kepha u Allah akadingi lutho, ngokuba u Allah Uzimele Uyadunyiswa.

فَكَفَرُوا۟ وَتَوَلَّوا۟ ۖ وَّٱسْتَغْنَى ٱللَّهُ ۚ وَٱللَّهُ غَنِىٌّ حَمِيدٌ ﴿٦﴾

7. Labo abangakholwa baqagula ukuthi abasoze bavuswa; yithi: "Nebala, ngiyifunge iNkosi yami, niyakuvuswa futhi naziswe ngezenzo zenu, bheka ngoba lokho kuyinto elula ku Allah".

زَعَمَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوٓا۟ أَن لَّن يُبْعَثُوا۟ ۚ قُلْ بَلَىٰ وَرَبِّى لَتُبْعَثُنَّ ثُمَّ لَتُنَبَّؤُنَّ بِمَا عَمِلْتُمْ ۚ وَذَٰلِكَ عَلَى ٱللَّهِ يَسِيرٌ ﴿٧﴾

8. Kholwanike ku Allah neSithunywa Sakhe kanye neNkanyiso ayehlisela; u Allah ukuqaphile enikwenzayo.

فَـَٔامِنُوا۟ بِٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ وَٱلنُّورِ ٱلَّذِىٓ أَنزَلْنَا ۚ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرٌ ﴿٨﴾

9. Ngosuku lapho eyonibuthanisa ngalo, ngoSuku lokuButhana, lelo kuyakuba uSuku lokuGqama kokuLahlekelwa. Lowo okholwa ku Allah wenza okuhle Uyomesulela amacala akhe futhi amungenise ezivandeni okugeleza imifula ngaphansi kwazo, ahlale khona unaphakade; iyonake leyo impumelelo enkulu.

يَوْمَ يَجْمَعُكُمْ لِيَوْمِ ٱلْجَمْعِ ۖ ذَٰلِكَ يَوْمُ ٱلتَّغَابُنِ ۗ وَمَن يُؤْمِنۢ بِٱللَّهِ وَيَعْمَلْ صَٰلِحًا يُكَفِّرْ عَنْهُ سَيِّـَٔاتِهِۦ وَيُدْخِلْهُ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدًا ۚ ذَٰلِكَ ٱلْفَوْزُ ٱلْعَظِيمُ ﴿٩﴾

10. Kepha labo abaphika ukholo bachithe nezambulo Zethu ngamanga; yiboke labo abayobhadla eMlilweni unaphakade; saze sasibi isiphetho.

وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَكَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَآ أُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ خَٰلِدِينَ فِيهَا ۖ وَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿١٠﴾

11. Asikho isehlakalo esehlayo ngaphandle kwemvumo ka Allah; lowo okholwa ku Allah uyakuyihola inhliziyo yakhe, ngokuba u Allah unolwazi lwakho konke.

مَآ أَصَابَ مِن مُّصِيبَةٍ إِلَّا بِإِذْنِ ٱللَّهِ ۗ وَمَن يُؤْمِنۢ بِٱللَّهِ يَهْدِ قَلْبَهُۥ ۚ وَٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿١١﴾

وَأَطِيعُواْ ٱللَّهَ وَأَطِيعُواْ ٱلرَّسُولَ ۚ فَإِن تَوَلَّيْتُمْ فَإِنَّمَا عَلَىٰ رَسُولِنَا ٱلْبَلَٰغُ ٱلْمُبِينُ ﴿١٢﴾

12. Thobelani u Allah neSithunywa; kepha uma nidikila, umsebenzi weSithunywa Sethu ukwethula umlayezo ocacile.

ٱللَّهُ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ۚ وَعَلَى ٱللَّهِ فَلْيَتَوَكَّلِ ٱلْمُؤْمِنُونَ ﴿١٣﴾

13. U Allah, akekho omunye ofanele ukukhonzwa ngaphandle kwaKhe; ngakhoke abakholwayo mababeke ithemba labo ku Allah.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓاْ إِنَّ مِنْ أَزْوَٰجِكُمْ وَأَوْلَٰدِكُمْ عَدُوًّا لَّكُمْ فَٱحْذَرُوهُمْ ۚ وَإِن تَعْفُواْ وَتَصْفَحُواْ وَتَغْفِرُواْ فَإِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٤﴾

14. Nina enikholwayo! Ebafazini benu nasezinganeni zenu kunesitha senu, ngakhoke baqapheleni. Kepha uma nixolela noma nidlulisa futhi nithethelele, u Allah Uyathethelela Unomusa.

إِنَّمَآ أَمْوَٰلُكُمْ وَأَوْلَٰدُكُمْ فِتْنَةٌ ۚ وَٱللَّهُ عِندَهُۥٓ أَجْرٌ عَظِيمٌ ﴿١٥﴾

15. Nebala, umcebo wenu nezingane zenu ziyisivivinyo, kepha u Allah unomvuzo omkhulu.

فَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ مَا ٱسْتَطَعْتُمْ وَٱسْمَعُواْ وَأَطِيعُواْ وَأَنفِقُواْ خَيْرًا لِّأَنفُسِكُمْ ۗ وَمَن يُوقَ شُحَّ نَفْسِهِۦ فَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْمُفْلِحُونَ ﴿١٦﴾

16. Ngakhoke, thobelani u Allah ngokusemandleni enu, nilalele nihloniphe futhi nanelane, ikona okungcono kini. Kantike lowo ohlengwe emoneni womphefumulo wakhe, ngempela, ungophumeleleyo.

إِن تُقْرِضُواْ ٱللَّهَ قَرْضًا حَسَنًا يُضَٰعِفْهُ لَكُمْ وَيَغْفِرْ لَكُمْ ۚ وَٱللَّهُ شَكُورٌ حَلِيمٌ ﴿١٧﴾

17. Uma niboleka u Allah imboleko enhle[1], uyakuyiphindaphinda futhi anithethelele, bheka ngoba u Allah Uyazisa Unobubele.

عَٰلِمُ ٱلْغَيْبِ وَٱلشَّهَٰدَةِ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿١٨﴾

18. Ungusolwazi wokungabonwa nokubonwayo, uSomandla Okhaliphile.

1 Ukuboleka u Allah, ngukunikela ezintweni ezinhle ukujabulisa u Allah.

(65) SURA TALAKI
ISEHLUKANISO

سُورَةُ ٱلطَّلَاقِ

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِيُّ إِذَا طَلَّقْتُمُ ٱلنِّسَآءَ
فَطَلِّقُوهُنَّ لِعِدَّتِهِنَّ وَأَحْصُواْ ٱلْعِدَّةَۖ
وَٱتَّقُواْ ٱللَّهَ رَبَّكُمْۖ لَا تُخْرِجُوهُنَّ مِنۢ
بُيُوتِهِنَّ وَلَا يَخْرُجْنَ إِلَّآ أَن يَأْتِينَ
بِفَٰحِشَةٍ مُّبَيِّنَةٍۚ وَتِلْكَ حُدُودُ ٱللَّهِۚ وَمَن
يَتَعَدَّ حُدُودَ ٱللَّهِ فَقَدْ ظَلَمَ نَفْسَهُۥۚ
لَا تَدْرِى لَعَلَّ ٱللَّهَ يُحْدِثُ بَعْدَ ذَٰلِكَ
أَمْرًا ﴿١﴾

1. Sithunywa! Uma nehlukanisa nabafazi; hlukanisani nabo ngesikhathi sabo sokuzithiba futhi nisibale kahle isikhathi sokuzithiba. Nithobele u Allah iNkosi yenu; ningabaxoshi emzini yabo futhi nabo bangaphumi, ngaphandle nje uma begila amanyala. Leyoke imiyalelo ka Allah; lowo ophula imiyalelo ka Allah impela uyazilulaza. Belu awazi mhlawumbe u Allah kukhona angakwenza emuva kalokho.

فَإِذَا بَلَغْنَ أَجَلَهُنَّ فَأَمْسِكُوهُنَّ
بِمَعْرُوفٍ أَوْ فَارِقُوهُنَّ بِمَعْرُوفٍ
وَأَشْهِدُواْ ذَوَىْ عَدْلٍ مِّنكُمْ وَأَقِيمُواْ
ٱلشَّهَٰدَةَ لِلَّهِۚ ذَٰلِكُمْ يُوعَظُ بِهِۦ مَن
كَانَ يُؤْمِنُ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِۚ وَمَن
يَتَّقِ ٱللَّهَ يَجْعَل لَّهُۥ مَخْرَجًا ﴿٢﴾

2. Uma sebephothule isikhathi sabo; buyelanani nabo noma nehlukane nabo ngokomthetho. Futhi niqoke amadoda amabili aqotho kini ukuba abe ngofakazi, ubufakazi nibenzele u Allah. Yilokho okuyalelwa ngakho lowo okholwa ku Allah noSuku lokuGcina. Lowo othobela u Allah uyakumcushisa.

وَيَرْزُقْهُ مِنْ حَيْثُ لَا يَحْتَسِبُۚ

3. Futhi amondle nangale ebengalindele khona. Lowo

othembela ku Allah, uyomenela. Futhi u Allah uyayifeza into yaKhe. Nebala u Allah yonke into uyibekele umkhawulo.

وَمَن يَتَوَكَّلْ عَلَى ٱللَّهِ فَهُوَ حَسْبُهُۥٓ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ بَٰلِغُ أَمْرِهِۦ ۚ قَدْ جَعَلَ ٱللَّهُ لِكُلِّ شَىْءٍ قَدْرًا ﴿٣﴾

4. Labo bafazi benu abangasakulindele ukuya esikhathini, uma ningabaza, isikhathi sabo sokuzithiba siyoba izinyanga ezintathu, kanye nakulabo abangasayi nhlobo esikhathini. Kuthi labo abazethwele, isikhathi siphela mhla bebeletha. Kantike lowo ozithoba ku Allah, uyakumenzela lula izinto zakhe.

وَٱلَّٰٓـِٔى يَئِسْنَ مِنَ ٱلْمَحِيضِ مِن نِّسَآئِكُمْ إِنِ ٱرْتَبْتُمْ فَعِدَّتُهُنَّ ثَلَٰثَةُ أَشْهُرٍ ۙ وَٱلَّٰٓـِٔى لَمْ يَحِضْنَ ۚ وَأُو۟لَٰتُ ٱلْأَحْمَالِ أَجَلُهُنَّ أَن يَضَعْنَ حَمْلَهُنَّ ۚ وَمَن يَتَّقِ ٱللَّهَ يَجْعَل لَّهُۥ مِنْ أَمْرِهِۦ يُسْرًا ﴿٤﴾

5. Lokho kuwumthetho ka Allah awehlisele kini; lowo ozithoba ku Allah uyakumthethelela izimpambuko zakhe futhi amandisele umvuzo.

ذَٰلِكَ أَمْرُ ٱللَّهِ أَنزَلَهُۥٓ إِلَيْكُمْ ۚ وَمَن يَتَّقِ ٱللَّهَ يُكَفِّرْ عَنْهُ سَيِّـَٔاتِهِۦ وَيُعْظِمْ لَهُۥٓ أَجْرًا ﴿٥﴾

6. Hlalani nabo [abafazi enehlukanise nabo] lapho enihlala khona nibondle; ningabahlukumezi ukubathwesa ubunzima. Uma bezithwele bondleni kuze babelethe. Uma benincelisela bakhokheleni; nibonisane ngokuhle. Kepha uma ningavumelani, useyonceliselwa [uyise wengane] ngomunye.

أَسْكِنُوهُنَّ مِنْ حَيْثُ سَكَنتُم مِّن وُجْدِكُمْ وَلَا تُضَآرُّوهُنَّ لِتُضَيِّقُوا۟ عَلَيْهِنَّ ۚ وَإِن كُنَّ أُو۟لَٰتِ حَمْلٍ فَأَنفِقُوا۟ عَلَيْهِنَّ حَتَّىٰ يَضَعْنَ حَمْلَهُنَّ ۚ فَإِنْ أَرْضَعْنَ لَكُمْ فَـَٔاتُوهُنَّ أُجُورَهُنَّ ۖ وَأْتَمِرُوا۟ بَيْنَكُم بِمَعْرُوفٍ ۖ وَإِن تَعَاسَرْتُمْ فَسَتُرْضِعُ لَهُۥٓ أُخْرَىٰ ﴿٦﴾

7. Lowo ocebile makakhiphe ngokwamandla akhe, kuthi lowo ompofu akhiphe kulokho u Allah amphe kona. Bheka ngoba u Allah akemethwesi umuntu

لِيُنفِقْ ذُو سَعَةٍ مِّن سَعَتِهِۦ ۖ وَمَن قُدِرَ عَلَيْهِ رِزْقُهُۥ فَلْيُنفِقْ مِمَّآ ءَاتَىٰهُ ٱللَّهُ ۚ لَا يُكَلِّفُ ٱللَّهُ نَفْسًا إِلَّا مَآ ءَاتَىٰهَا ۚ سَيَجْعَلُ ٱللَّهُ بَعْدَ عُسْرٍ يُسْرًا ﴿٧﴾

okudlula lokho amphe kona. U Allah uyekwenza kube lula emuva kobunzima.

8. Ziningi izizwe ezaphula umthetho weNkosi yazo neZithunywa zaKhe, Sabehlulela kanzima futhi sabajezisa isijeziso esinzima.

وَكَأَيِّن مِّن قَرْيَةٍ عَتَتْ عَنْ أَمْرِ رَبِّهَا وَرُسُلِهِۦ فَحَاسَبْنَٰهَا حِسَابًا شَدِيدًا وَعَذَّبْنَٰهَا عَذَابًا نُّكْرًا ﴿٨﴾

9. Bavuna izithelo zemisebenzi yabo; isiphetho sabo kwaba wukulahlekelwa.

فَذَاقَتْ وَبَالَ أَمْرِهَا وَكَانَ عَٰقِبَةُ أَمْرِهَا خُسْرًا ﴿٩﴾

10. U Allah ubalungiselele isijeziso esinzima; ngakhoke zithobeni ku Allah nina enikhaliphile enikholwayo, ngokuba u Allah unilethele uMkhumbuzi.

أَعَدَّ ٱللَّهُ لَهُمْ عَذَابًا شَدِيدًا ۖ فَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ يَٰٓأُو۟لِى ٱلْأَلْبَٰبِ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ۚ قَدْ أَنزَلَ ٱللَّهُ إِلَيْكُمْ ذِكْرًا ﴿١٠﴾

11. ISithunywa esinifundela imibiko zika Allah ezicacisayo, ukuze ahlenge labo abakholwayo futhi benze nokuhle ebumnyameni baye ekukhanyeni. Lowo okholwa ku Allah enze nokuhle, uyomngenisa ezivandeni okugeleza imifula phansi kwazo, ahlale khona unaphakade. Bheka ngoba u Allah umlungisele isondlo esihle.

رَّسُولًا يَتْلُوا۟ عَلَيْكُمْ ءَايَٰتِ ٱللَّهِ مُبَيِّنَٰتٍ لِّيُخْرِجَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ مِنَ ٱلظُّلُمَٰتِ إِلَى ٱلنُّورِ ۚ وَمَن يُؤْمِنۢ بِٱللَّهِ وَيَعْمَلْ صَٰلِحًا يُدْخِلْهُ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدًا ۖ قَدْ أَحْسَنَ ٱللَّهُ لَهُۥ رِزْقًا ﴿١١﴾

12. Nguye u Allah odale amazulu ayisikhombisa kanye nokufanayo emhlabeni, imiyalelo yehla phakathi kwawo ukuze nazi ukuthi u Allah unamandla okwenza yonke into, nanokuthi u Allah wengamele yonke into ngolwazi lwaKhe.

ٱللَّهُ ٱلَّذِى خَلَقَ سَبْعَ سَمَٰوَٰتٍ وَمِنَ ٱلْأَرْضِ مِثْلَهُنَّ ۖ يَتَنَزَّلُ ٱلْأَمْرُ بَيْنَهُنَّ لِتَعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ۙ وَأَنَّ ٱللَّهَ قَدْ أَحَاطَ بِكُلِّ شَىْءٍ عِلْمًا ﴿١٢﴾

(66) SURA TAHREEM
UKUZINQABELA

سُورَةُ التَّحۡرِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِيُّ لِمَ تُحَرِّمُ مَآ أَحَلَّ ٱللَّهُ لَكَۖ تَبۡتَغِي مَرۡضَاتَ أَزۡوَٰجِكَۚ وَٱللَّهُ غَفُورٞ رَّحِيمٞ ١

1. Sithunywa! Kungani uzinqabela lokho u Allah akuvumele kona[1]; ingabe ufuna ukujabulisa amakhosikazi akho na? U Allah Uyathethelela Unesihawu.

قَدۡ فَرَضَ ٱللَّهُ لَكُمۡ تَحِلَّةَ أَيۡمَٰنِكُمۡۚ وَٱللَّهُ مَوۡلَىٰكُمۡۖ وَهُوَ ٱلۡعَلِيمُ ٱلۡحَكِيمُ ٢

2. U Allah uninqumele ukuphula izifungo zenu, u Allah unguMhlengi wenu futhi nguYena Owazi konke Okhaliphile.

وَإِذۡ أَسَرَّ ٱلنَّبِيُّ إِلَىٰ بَعۡضِ أَزۡوَٰجِهِۦ حَدِيثٗا فَلَمَّا نَبَّأَتۡ بِهِۦ وَأَظۡهَرَهُ ٱللَّهُ عَلَيۡهِ عَرَّفَ بَعۡضَهُۥ وَأَعۡرَضَ عَنۢ بَعۡضٖۖ فَلَمَّا نَبَّأَهَا بِهِۦ قَالَتۡ مَنۡ أَنۢبَأَكَ هَٰذَاۖ قَالَ نَبَّأَنِيَ ٱلۡعَلِيمُ ٱلۡخَبِيرُ ٣

3. Khumbula lapho iSithunywa sihlebela inkosikazi yaso udaba oluthile, kepha kwathi esemtshela ngalo [omunye unkosikazi], u Allah wambonisa, okunye wakukhuluma kwathi okunye wakugodla. Kwathi esemtshelile [unkosikazi amhlebela] ngalo, wathi: "Ubani okutshele lokhu", wathi: "Ngitshelwe Owazi konke Oqaphe konke!".

إِن تَتُوبَآ إِلَى ٱللَّهِ فَقَدۡ صَغَتۡ قُلُوبُكُمَاۖ وَإِن تَظَٰهَرَا عَلَيۡهِ فَإِنَّ ٱللَّهَ هُوَ مَوۡلَىٰهُ وَجِبۡرِيلُ وَصَٰلِحُ ٱلۡمُؤۡمِنِينَۖ

4. Uma nicela [nina makhosikazi amabili] intethelelo ku Allah, ngokuba izinhliziyo zithemelezile kanti uma nimuhlanganyela,

1 Wazinqumela ukuba angaphinde andlale nomkakhe owayeyibibi, into u Allah ayenze yavumeleka.

bheka ngoba u Allah unguMhlengi wakhe no*Jibhiruli* nabakholwayo abaqotho, kanti futhi neZingelosi ziyamlekelela.

وَٱلْمَلَٰٓئِكَةُ بَعْدَ ذَٰلِكَ ظَهِيرٌ ﴿٤﴾

5. Funa iNkosi yakhe uma ehlukanisa nani amuphe abafazi abangcono kunani, angamaMusilimu akholwayo, azithobayo, acela intethelelo, akhonza-yo, azilayo, abake benda nabayizintombi nto.

عَسَىٰ رَبُّهُۥٓ إِن طَلَّقَكُنَّ أَن يُبْدِلَهُۥٓ أَزْوَٰجًا خَيْرًا مِّنكُنَّ مُسْلِمَٰتٍ مُّؤْمِنَٰتٍ قَٰنِتَٰتٍ تَٰٓئِبَٰتٍ عَٰبِدَٰتٍ سَٰٓئِحَٰتٍ ثَيِّبَٰتٍ وَأَبْكَارًا ﴿٥﴾

6. Nina enikholwayo! Zivikeleni kanye nemindeni yenu eMlilweni ozithungelo zawo abantu namatshe; okujutshwe kuwo iZingelosi eziqatha ezingenasineke, aziphambuki no Allah kulokho aziyalele kona; zenza ngqo lokhu eziyalelwe kona.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ قُوٓا۟ أَنفُسَكُمْ وَأَهْلِيكُمْ نَارًا وَقُودُهَا ٱلنَّاسُ وَٱلْحِجَارَةُ عَلَيْهَا مَلَٰٓئِكَةٌ غِلَاظٌ شِدَادٌ لَّا يَعْصُونَ ٱللَّهَ مَآ أَمَرَهُمْ وَيَفْعَلُونَ مَا يُؤْمَرُونَ ﴿٦﴾

7. Nina eningakholwa! ningabiki imbiba nebuzi naMhlanje, ngokuba niyakuthola umvuzo walokho ebenikwenza.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لَا تَعْتَذِرُوا۟ ٱلْيَوْمَ ۖ إِنَّمَا تُجْزَوْنَ مَا كُنتُمْ تَعْمَلُونَ ﴿٧﴾

8. Nina enikholwayo! Zithibeni ku Allah okweqiniso; hleze iNkosi yenu inithethelele izimpambuko zenu futhi iningenise eZivandeni okugeleza phansi kwazo imifula, ngoSuku lapho u Allah angeke asiphoxe iSithunywa kanye nalabo abakholwa naso; inkazimulo yabo iyohamba phambi kwabo nangekwesokudla, bathi: "Nkosi

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ تُوبُوٓا۟ إِلَى ٱللَّهِ تَوْبَةً نَّصُوحًا عَسَىٰ رَبُّكُمْ أَن يُكَفِّرَ عَنكُمْ سَيِّـَٔاتِكُمْ وَيُدْخِلَكُمْ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ يَوْمَ لَا يُخْزِى ٱللَّهُ ٱلنَّبِىَّ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ مَعَهُۥ ۖ نُورُهُمْ يَسْعَىٰ بَيْنَ أَيْدِيهِمْ وَبِأَيْمَٰنِهِمْ يَقُولُونَ رَبَّنَآ أَتْمِمْ لَنَا نُورَنَا وَٱغْفِرْ لَنَآ ۖ إِنَّكَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٨﴾

yethu phelelisa inkazimulo yethu futhi usuthethelele ngokuba Wena unamandla okwenza konke.

9. Sithunywa! Phaka impi kulabo abangakholwa kanye nabazenzisi uqinise kubo; bhekha ngoba bayophelela eJahanamu, saze sasibi isiphetho.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلنَّبِيُّ جَٰهِدِ ٱلْكُفَّارَ وَٱلْمُنَٰفِقِينَ وَٱغْلُظْ عَلَيْهِمْ ۚ وَمَأْوَىٰهُمْ جَهَنَّمُ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿٩﴾

10. U Allah wenzele labo abangakholwa isibonelo ngomfazi ka Nuhu nomfazi ka Luti; babengaphansi kwezinceku ezimbili zezinceku Zethu, kepha ababanga neqiniso kuzo; bheka ngoba azizange zibasize ngalutho ku Allah; kwathiwa kubo: "Ngenani eMlilweni nabangenayo!".

ضَرَبَ ٱللَّهُ مَثَلًا لِّلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ٱمْرَأَتَ نُوحٍ وَٱمْرَأَتَ لُوطٍ ۖ كَانَتَا تَحْتَ عَبْدَيْنِ مِنْ عِبَادِنَا صَٰلِحَيْنِ فَخَانَتَاهُمَا فَلَمْ يُغْنِيَا عَنْهُمَا مِنَ ٱللَّهِ شَيْـًٔا وَقِيلَ ٱدْخُلَا ٱلنَّارَ مَعَ ٱلدَّٰخِلِينَ ﴿١٠﴾

11. Waphinde futhi u Allah wenzela labo abakholwayo isibonelo ngomfazi ka *Firawoni* mhla ethi: "Nkosi yami ngakhele umuzi kuWe eJana futhi ungitakule ku*Firawoni* nezenzo zakhe futhi ungitakule nakubantu abaphambukile.

وَضَرَبَ ٱللَّهُ مَثَلًا لِّلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱمْرَأَتَ فِرْعَوْنَ إِذْ قَالَتْ رَبِّ ٱبْنِ لِى عِندَكَ بَيْتًا فِى ٱلْجَنَّةِ وَنَجِّنِى مِن فِرْعَوْنَ وَعَمَلِهِۦ وَنَجِّنِى مِنَ ٱلْقَوْمِ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿١١﴾

12. NoMariyamu ka Imrani, lona owazithiba, sabe sesiphefumulela kuye uMoya weThu; wakholwa amaZwi eNkosi yaKhe neMibhalo yaKhe waba ngozithobileyo.

وَمَرْيَمَ ٱبْنَتَ عِمْرَٰنَ ٱلَّتِىٓ أَحْصَنَتْ فَرْجَهَا فَنَفَخْنَا فِيهِ مِن رُّوحِنَا وَصَدَّقَتْ بِكَلِمَٰتِ رَبِّهَا وَكُتُبِهِۦ وَكَانَتْ مِنَ ٱلْقَٰنِتِينَ ﴿١٢﴾

(67) SURA AL-MULKU
UBUKHOSI

سُورَةُ ٱلْمُلْكِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

تَبَٰرَكَ ٱلَّذِى بِيَدِهِ ٱلْمُلْكُ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١﴾

1. Ubusisekile lowo uMbuso useZandleni zaKhe futhi unamandla okwenza konke.

ٱلَّذِى خَلَقَ ٱلْمَوْتَ وَٱلْحَيَوٰةَ لِيَبْلُوَكُمْ أَيُّكُمْ أَحْسَنُ عَمَلًا ۚ وَهُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْغَفُورُ ﴿٢﴾

2. Lowo odale ukufa nokuphila ukuze anivivinye ukuthi ubabi kini ozokwenza kahle, futhi uSomandla Othethelelayo.

ٱلَّذِى خَلَقَ سَبْعَ سَمَٰوَٰتٍ طِبَاقًا ۖ مَّا تَرَىٰ فِى خَلْقِ ٱلرَّحْمَٰنِ مِن تَفَٰوُتٍ ۖ فَٱرْجِعِ ٱلْبَصَرَ هَلْ تَرَىٰ مِن فُطُورٍ ﴿٣﴾

3. Lowo odale amazulu ayisikhombisa izigaba, awusoze wabona ukungalinga endalweni ka Allah; qalaza, ingabe lukhona uqhekeko olubonayo na?

ثُمَّ ٱرْجِعِ ٱلْبَصَرَ كَرَّتَيْنِ يَنقَلِبْ إِلَيْكَ ٱلْبَصَرُ خَاسِئًا وَهُوَ حَسِيرٌ ﴿٤﴾

4. Phinda futhi uqalaze kabili, amehlo azobuya edangele ekhathele.

وَلَقَدْ زَيَّنَّا ٱلسَّمَآءَ ٱلدُّنْيَا بِمَصَٰبِيحَ وَجَعَلْنَٰهَا رُجُومًا لِّلشَّيَٰطِينِ ۖ وَأَعْتَدْنَا لَهُمْ عَذَابَ ٱلسَّعِيرِ ﴿٥﴾

5. Futhi sisihlobisile isibhakabhaka ngezibani, sazenza ukuba kujikijelwe ngazo ama*Shayatwini* futhi siwalungiselele isijeziso seLangabi.

وَلِلَّذِينَ كَفَرُوا۟ بِرَبِّهِمْ عَذَابُ جَهَنَّمَ ۖ وَبِئْسَ ٱلْمَصِيرُ ﴿٦﴾

6. Labo abaphika iNkosi yabo bayothola isijeziso *seJahanamu*, saze sasibi isiphetho.

7. Kuyothi uma belahlelwa kuyo [iJahanamu] bezwe ibubula lapho isibila.

إِذَآ أُلۡقُواْ فِيهَا سَمِعُواْ لَهَا شَهِيقٗا وَهِيَ تَفُورُ ٧

8. Kuthi mayiqhekeke intukuthelo; kuyothi njalo uma uquqaba luphonswa kuyo, umqhaphi wayo ababuze: "Ingabe akafikanga yini uMxwayisi kini na?"

تَكَادُ تَمَيَّزُ مِنَ ٱلۡغَيۡظِۖ كُلَّمَآ أُلۡقِيَ فِيهَا فَوۡجٞ سَأَلَهُمۡ خَزَنَتُهَآ أَلَمۡ يَأۡتِكُمۡ نَذِيرٞ ٨

9. Bayothi: "Nebala, wafika kiithi uMxwayisi, kepha samphika sathi: "Ayikho into u Allah ayehlisile, nisephutheni elukhulu".

قَالُواْ بَلَىٰ قَدۡ جَآءَنَا نَذِيرٞ فَكَذَّبۡنَا وَقُلۡنَا مَا نَزَّلَ ٱللَّهُ مِن شَيۡءٍ إِنۡ أَنتُمۡ إِلَّا فِي ضَلَٰلٖ كَبِيرٖ ٩

10. Bayothi: "Ukube nje salalela noma siqonde, ngabe asikho eLangabini".

وَقَالُواْ لَوۡ كُنَّا نَسۡمَعُ أَوۡ نَعۡقِلُ مَا كُنَّا فِيٓ أَصۡحَٰبِ ٱلسَّعِيرِ ١٠

11. Bayozivuma izimpambuko zabo; baqakisiwe labo abaseLangabini.

فَٱعۡتَرَفُواْ بِذَنۢبِهِمۡ فَسُحۡقٗا لِّأَصۡحَٰبِ ٱلسَّعِيرِ ١١

12. Kepha labo abesaba iNKosi yabo bengayiboni, bayothola intethelelo nomvuzo omkhulu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَخۡشَوۡنَ رَبَّهُم بِٱلۡغَيۡبِ لَهُم مَّغۡفِرَةٞ وَأَجۡرٞ كَبِيرٞ ١٢

13. Khulumelani phansi noma phezulu, bheka ngoba Yena [u Allah] ukwazi konke okusezifubeni.

وَأَسِرُّواْ قَوۡلَكُمۡ أَوِ ٱجۡهَرُواْ بِهِۦٓۖ إِنَّهُۥ عَلِيمُۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ١٣

14. Angahlala kanjani engayazi okunguyena uMdali futhi Owazi yonke imininingwane Oqaphe konke na?

أَلَا يَعۡلَمُ مَنۡ خَلَقَ وَهُوَ ٱللَّطِيفُ ٱلۡخَبِيرُ ١٤

15. Nguyena lona onenzele umhlaba waba isendlalelo; ngakhoke guduzani emagumbini awo nizitike nganabele kona futhi niyovuselwa kuYe.

هُوَ ٱلَّذِي جَعَلَ لَكُمُ ٱلۡأَرۡضَ ذَلُولٗا فَٱمۡشُواْ فِي مَنَاكِبِهَا وَكُلُواْ مِن رِّزۡقِهِۦۖ وَإِلَيۡهِ ٱلنُّشُورُ ١٥

16. Ingabe nizibona niphephile kulowo Ophezulu ekutheni anigqibe ngomhlaba lapho uzamazama.

ءَأَمِنتُم مَّن فِي ٱلسَّمَآءِ أَن يَخۡسِفَ بِكُمُ ٱلۡأَرۡضَ فَإِذَا هِيَ تَمُورُ ١٦

17. Ingabe nizibona niphephile kulowo Ophezulu ekutheni anithumele isiphepho; niyokwazike ukuthi sinjani isexwayiso.

أَمۡ أَمِنتُم مَّن فِي ٱلسَّمَآءِ أَن يُرۡسِلَ عَلَيۡكُمۡ حَاصِبٗاۖ فَسَتَعۡلَمُونَ كَيۡفَ نَذِيرِ ١٧

18. Nalabo ababandulelayo baphika, saba njanike isijeziso Sami.

وَلَقَدۡ كَذَّبَ ٱلَّذِينَ مِن قَبۡلِهِمۡ فَكَيۡفَ كَانَ نَكِيرِ ١٨

19. Ingabe abaziboni izinyoni phezu kwabo zivula zivala izimpiko na? Akhekho ozibambile [ukuba zingawi] ngaphandle koNomusa, bheka ngoba Yena Ubona konke.

أَوَلَمۡ يَرَوۡاْ إِلَى ٱلطَّيۡرِ فَوۡقَهُمۡ صَٰٓفَّٰتٖ وَيَقۡبِضۡنَۚ مَا يُمۡسِكُهُنَّ إِلَّا ٱلرَّحۡمَٰنُۚ إِنَّهُۥ بِكُلِّ شَيۡءِۭ بَصِيرٌ ١٩

20. Ingabe iliphi lelibutho eliyonisiza ngaphandle koNomusa na? Ngempela abangakholwa bakhohlisekile.

أَمَّنۡ هَٰذَا ٱلَّذِي هُوَ جُندٞ لَّكُمۡ يَنصُرُكُم مِّن دُونِ ٱلرَّحۡمَٰنِۚ إِنِ ٱلۡكَٰفِرُونَ إِلَّا فِي غُرُورٍ ٢٠

21. Ingabe ubani lona oyonipha ukudla uma [Allah] ekumisa okwaKhe na? Kepha basagxile shi ekuphuleni umthetho nasekugwemeni iqiniso.

أَمَّنۡ هَٰذَا ٱلَّذِي يَرۡزُقُكُمۡ إِنۡ أَمۡسَكَ رِزۡقَهُۥۚ بَل لَّجُّواْ فِي عُتُوّٖ وَنُفُورٍ ٢١

22. Ingabe lowo ohamba ehuduka ngomuso ukhanyiseleke ukudlula lowo ohamba eqondile endleni eqondile na?[1]

أَفَمَن يَمۡشِي مُكِبًّا عَلَىٰ وَجۡهِهِۦٓ أَهۡدَىٰٓ أَمَّن يَمۡشِي سَوِيًّا عَلَىٰ صِرَٰطٖ مُّسۡتَقِيمٖ ٢٢

1 Lona umzekelo okhombisa umehluko phakathi kokholwayo nongakholwa. Lo ongakholwa uhambe enhlanhlatha engazi ukuthi uphokophelephi. Kuthi lowo okholwayo indaba yakhe icacile, uyazi ukuthi into ayenzayo uyenzelani nayiyekayo uyiyekelani.

23. Yithi: "Nguyena lona owanisungula wanidalela izindlebe namehlo kanye nezinhliziyo, kepha niyincosana enibongayo.

قُلْ هُوَ ٱلَّذِىٓ أَنشَأَكُمْ وَجَعَلَ لَكُمُ ٱلسَّمْعَ وَٱلْأَبْصَٰرَ وَٱلْأَفْـِٔدَةَ ۖ قَلِيلًا مَّا تَشْكُرُونَ ﴿٢٣﴾

24. Yithi: "Nguyena lona onisabalalise emhlabeni futhi niyobuthelwa kuYe".

قُلْ هُوَ ٱلَّذِى ذَرَأَكُمْ فِى ٱلْأَرْضِ وَإِلَيْهِ تُحْشَرُونَ ﴿٢٤﴾

25. Bathi: "Kanti sinini lesi sethembiso na, uma niqinisile".

وَيَقُولُونَ مَتَىٰ هَٰذَا ٱلْوَعْدُ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٢٥﴾

26. Yithi: "Ulwazi liku Allah kuphela, mina nje nginguMxwayisi ocacisayo".

قُلْ إِنَّمَا ٱلْعِلْمُ عِندَ ٱللَّهِ وَإِنَّمَآ أَنَا۠ نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿٢٦﴾

27. Kepha lapho sebesibona eduzane, baswaca ebusweni, kwathiwa kubo: "Yikhoke lokhu ebenikufuna".

فَلَمَّا رَأَوْهُ زُلْفَةً سِيٓـَٔتْ وُجُوهُ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَقِيلَ هَٰذَا ٱلَّذِى كُنتُم بِهِۦ تَدَّعُونَ ﴿٢٧﴾

28. Yithi: "Ake ningitshele, uma u Allah engithatha mina nalabo abanami noma asenzele umusa, ngubanike oyosiza abangakholwa esijezisweni esibuhlungu.

قُلْ أَرَءَيْتُمْ إِنْ أَهْلَكَنِىَ ٱللَّهُ وَمَن مَّعِىَ أَوْ رَحِمَنَا فَمَن يُجِيرُ ٱلْكَٰفِرِينَ مِنْ عَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿٢٨﴾

29. Yithi: "NgoNomusa, sikholwa kuYe futhi sethembele kuYe, noyokwazike maduze ukuthi ubani osephutheni uqobo.

قُلْ هُوَ ٱلرَّحْمَٰنُ ءَامَنَّا بِهِۦ وَعَلَيْهِ تَوَكَّلْنَا ۖ فَسَتَعْلَمُونَ مَنْ هُوَ فِى ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٢٩﴾

30. Yithi: "Ake ningitshele, uma amanzi enu ezika, ingabe ubani oyonilethela amanzi agobhozayo.

قُلْ أَرَءَيْتُمْ إِنْ أَصْبَحَ مَآؤُكُمْ غَوْرًا فَمَن يَأْتِيكُم بِمَآءٍ مَّعِينٍ ﴿٣٠﴾

(68) SURA KALAMU
USIBA LOKULOBA

سُورَةُ القَلَمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Nun! Ngothi lokuloba nabakulobayo.

نٓ وَٱلْقَلَمِ وَمَا يَسْطُرُونَ ﴿١﴾

2. Ngesibusiso sika Allah awusilona uhlanya.

مَآ أَنتَ بِنِعْمَةِ رَبِّكَ بِمَجْنُونٍ ﴿٢﴾

3. Futhi uyothola umvuzo ongenamkhawulo.

وَإِنَّ لَكَ لَأَجْرًا غَيْرَ مَمْنُونٍ ﴿٣﴾

4. Belu usesimilweni esiqotho kakhulu.

وَإِنَّكَ لَعَلَىٰ خُلُقٍ عَظِيمٍ ﴿٤﴾

5. Uzobona futhi nabo bayobona;

فَسَتُبْصِرُ وَيُبْصِرُونَ ﴿٥﴾

6. Ukuthi ubani phakathi kwenu owuhlanya.

بِأَييِّكُمُ ٱلْمَفْتُونُ ﴿٦﴾

7. Bheka ngoba iNkosi yakho ibazi kahle labo abadukayo endleni yaKhe kanti futhi ubazi kahle labo abasendleleni eqondile.

إِنَّ رَبَّكَ هُوَ أَعْلَمُ بِمَن ضَلَّ عَن سَبِيلِهِۦ وَهُوَ أَعْلَمُ بِٱلْمُهْتَدِينَ ﴿٧﴾

8. Ngakhoke ungabalaleli abaqambi manga.

فَلَا تُطِعِ ٱلْمُكَذِّبِينَ ﴿٨﴾

9. Bafisa engathi ungabathambisela ukuze nabo bakuthambisele.

وَدُّواْ لَوْ تُدْهِنُ فَيُدْهِنُونَ ﴿٩﴾

10. Futhi ungamlaleli lowo othanda ukufunga ongenamandla.

وَلَا تُطِعْ كُلَّ حَلَّافٍ مَّهِينٍ ﴿١٠﴾

11. Iphixiphixi elithutha izindaba.

هَمَّازٍ مَّشَّآءٍۭ بِنَمِيمٍ ﴿١١﴾

12. Ungoqo oyinduku iphambana nesikhwili, ophambukile.

مَّنَّاعٍ لِّلْخَيْرِ مُعْتَدٍ أَثِيمٍ ﴿١٢﴾

13. Isiqhwaga, enjalo nje uyivezandlebe.

عُتُلٍّ بَعْدَ ذَٰلِكَ زَنِيمٍ ﴿١٣﴾

14. Ngenxa yokuthi uyinjinga futhi enabantwana abaninginingi.

أَن كَانَ ذَا مَالٍ وَبَنِينَ ﴿١٤﴾

15. Uma efundelwa imibiko yeThu, uthi: "Izinganekwane nje".

إِذَا تُتْلَىٰ عَلَيْهِ ءَايَٰتُنَا قَالَ أَسَٰطِيرُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٥﴾

16. Sizombekisa embonjeni.

سَنَسِمُهُۥ عَلَى ٱلْخُرْطُومِ ﴿١٦﴾

17. Nebala sibavivinye kanjengoba savivinya abanikazi besivande mhla befunga ukuthi bayosivuna basigence entathakusa;

إِنَّا بَلَوْنَٰهُمْ كَمَا بَلَوْنَآ أَصْحَٰبَ ٱلْجَنَّةِ إِذْ أَقْسَمُوا۟ لَيَصْرِمُنَّهَا مُصْبِحِينَ ﴿١٧﴾

18. Kepha abashongo ukuthi; "uma u Allah evuma".

وَلَا يَسْتَثْنُونَ ﴿١٨﴾

19. Kwathi lapho belele, sehlelwa isehlekalo esivela eNkosini yakho.

فَطَافَ عَلَيْهَا طَآئِفٌ مِّن رَّبِّكَ وَهُمْ نَآئِمُونَ ﴿١٩﴾

20. Saphenduka safana nobusuku obumnyama bhuqe.

فَأَصْبَحَتْ كَٱلصَّرِيمِ ﴿٢٠﴾

21. Babizana entathakusa;

فَتَنَادَوْا۟ مُصْبِحِينَ ﴿٢١﴾

22. Bethi: "Hambani ekuseni niye ezitshalweni zenu uma nizimisele ukuvuna.

أَنِ ٱغْدُوا۟ عَلَىٰ حَرْثِكُمْ إِن كُنتُمْ صَٰرِمِينَ ﴿٢٢﴾

23. Bahambake behlebelana;

فَٱنطَلَقُوا۟ وَهُمْ يَتَخَٰفَتُونَ ﴿٢٣﴾

24. Ukuthi: "Ningangenelwa muntu oswele kuso [isivande] namhlanje".

أَن لَّا يَدْخُلَنَّهَا ٱلْيَوْمَ عَلَيْكُم مِّسْكِينٌ ﴿٢٤﴾

25. Bahamba khona ekuseni bezimisele ukufeza abakuhlosile.

وَغَدَوْا۟ عَلَىٰ حَرْدٍ قَـٰدِرِينَ ﴿٢٥﴾

26. Kepha kwathi lapho besibona bathi: "Sidukile impela!"

فَلَمَّا رَأَوْهَا قَالُوٓا۟ إِنَّا لَضَآلُّونَ ﴿٢٦﴾

27. Nebala siphucwe iqatha emlonyeni.

بَلْ نَحْنُ مَحْرُومُونَ ﴿٢٧﴾

28. Wathi lowo oqotho kubo: "Anginitshelanga na ukuthi nidumise u Allah".

قَالَ أَوْسَطُهُمْ أَلَمْ أَقُل لَّكُمْ لَوْلَا تُسَبِّحُونَ ﴿٢٨﴾

29. Bathi: "Mayingcweliswe iNkosi yethu, ngempela siphambukile".

قَالُوا۟ سُبْحَـٰنَ رَبِّنَآ إِنَّا كُنَّا ظَـٰلِمِينَ ﴿٢٩﴾

30. Base bephendukelana begxekana.

فَأَقْبَلَ بَعْضُهُمْ عَلَىٰ بَعْضٍ يَتَلَـٰوَمُونَ ﴿٣٠﴾

31. Bethi: "Maye, ngempela sinhlanhlathile"

قَالُوا۟ يَـٰوَيْلَنَآ إِنَّا كُنَّا طَـٰغِينَ ﴿٣١﴾

32. Mhlawumbe iNkosi yethu iyosinika okungcono kunaso [isivande] ngokuba sethembele eNkosini yethu.

عَسَىٰ رَبُّنَآ أَن يُبْدِلَنَا خَيْرًا مِّنْهَآ إِنَّآ إِلَىٰ رَبِّنَا رَٰغِبُونَ ﴿٣٢﴾

33. Sinjaloke isijeziso, futhi isijeziso sakweLizayo sinzima; ukube nje bebazi.

كَذَٰلِكَ ٱلْعَذَابُ ۖ وَلَعَذَابُ ٱلْـَٔاخِرَةِ أَكْبَرُ ۚ لَوْ كَانُوا۟ يَعْلَمُونَ ﴿٣٣﴾

34. Kepha labo abathobela u Allah bayothola izivande zentokomalo eNkosini yabo.

إِنَّ لِلْمُتَّقِينَ عِندَ رَبِّهِمْ جَنَّـٰتِ ٱلنَّعِيمِ ﴿٣٤﴾

35. Singabenza kanjani abazithobayo bafane nezigilamkhuba na?

أَفَنَجْعَلُ ٱلْمُسْلِمِينَ كَٱلْمُجْرِمِينَ ﴿٣٥﴾

36. Yini ngani nehlulela kanjani na?

مَا لَكُمْ كَيْفَ تَحْكُمُونَ ﴿٣٦﴾

37. Noma ninencwadi ethize enikufunde khona.

أَمْ لَكُمْ كِتَـٰبٌ فِيهِ تَدْرُسُونَ ﴿٣٧﴾

إِنَّ لَكُمْ فِيهِ لَمَا تَخَيَّرُونَ ﴿٣٨﴾

38. Okusho ukuthi iqukethe okufunwa yini.

أَمْ لَكُمْ أَيْمَٰنٌ عَلَيْنَا بَٰلِغَةٌ إِلَىٰ يَوْمِ ٱلْقِيَٰمَةِ إِنَّ لَكُمْ لَمَا تَحْكُمُونَ ﴿٣٩﴾

39. Kumbe ninezithembizo Nathi kuze kuyofika uSuku lokwaHlulela; ukuthi niyothola konke enikufunayo.

سَلْهُمْ أَيُّهُم بِذَٰلِكَ زَعِيمٌ ﴿٤٠﴾

40. Babuze ukuthi ubani ongakuqinisekisa lokho.

أَمْ لَهُمْ شُرَكَآءُ فَلْيَأْتُوا۟ بِشُرَكَآئِهِمْ إِن كَانُوا۟ صَٰدِقِينَ ﴿٤١﴾

41. Kumbe banabalingani; mabalethe abalingani babo uma beqinisile.

يَوْمَ يُكْشَفُ عَن سَاقٍ وَيُدْعَوْنَ إِلَى ٱلسُّجُودِ فَلَا يَسْتَطِيعُونَ ﴿٤٢﴾

42. Ngosuku lapho kuyovezwa Umbala bese bebizwa ukuba bakhothame bawe ngobuso, kepha bayohluleka[1].

خَٰشِعَةً أَبْصَٰرُهُمْ تَرْهَقُهُمْ ذِلَّةٌ ۖ وَقَدْ كَانُوا۟ يُدْعَوْنَ إِلَى ٱلسُّجُودِ وَهُمْ سَٰلِمُونَ ﴿٤٣﴾

43. Bayogqolozela phansi behaqwe ihlazo; kakade bebebizelwa ukuba bakhothame bawe ngobuso besayimiqemane.

فَذَرْنِى وَمَن يُكَذِّبُ بِهَٰذَا ٱلْحَدِيثِ ۖ سَنَسْتَدْرِجُهُم مِّنْ حَيْثُ لَا يَعْلَمُونَ ﴿٤٤﴾

44. Myekele kimi lowo ophika leZwi, ngiyombamba lapho enganake khona.

وَأُمْلِى لَهُمْ ۚ إِنَّ كَيْدِى مَتِينٌ ﴿٤٥﴾

45. Ngizobapha isikathi, bheka ngoba isu laMi liqinile.

أَمْ تَسْـَٔلُهُمْ أَجْرًا فَهُم مِّن مَّغْرَمٍ مُّثْقَلُونَ ﴿٤٦﴾

46. Ingabe ubakhokhisa inhlawulo, ebahlulayo ukuyikhokha na?

أَمْ عِندَهُمُ ٱلْغَيْبُ فَهُمْ يَكْتُبُونَ ﴿٤٧﴾

47. Kumbe bazi okungabonwa ngakhoke bayakuloba.

1 Isithunywa uMuhamadi wathi: "(ngoSuku lokwahlulela, iNkosi yethu iyoveza Isitho saYo, bonke abakholwayo abesilisa nabesimame bayokhothama bawe ngobuso; bayosala labo ababekhothama ukubukisa nokuziqhayisa, bayothi bazama ukukhothama umhalane uvele uqine ungagobi." [Bhukari no Musilimu]

48. Ngakhoke bekezelela isinqumo seNkosi yakho ungafani nowagwinywa umkhome, mhla ememeza ephatheke kabi.

49. Ukube nje akawutholanga umusa weNkosi yakhe ngabe wakhafulelwa ehlane ehlazekile.

50. Kepha iNkosi yakhe yamqoka yamenza waba ngomunye wabalungileyo.

51. Nakuba labo abangakholwa bacishe bakuquzukise ngokugqoloza kwabo lapho bezwa isikhumbuzo; bathi: "uyazihlanyela lo".

52. Empeleni iyisikhumbuzo ezizweni zonke.

فَٱصۡبِرۡ لِحُكۡمِ رَبِّكَ وَلَا تَكُن
كَصَاحِبِ ٱلۡحُوتِ إِذۡ نَادَىٰ وَهُوَ
مَكۡظُومٞ ﴿٤٨﴾

لَّوۡلَآ أَن تَدَارَكَهُۥ نِعۡمَةٞ مِّن رَّبِّهِۦ لَنُبِذَ
بِٱلۡعَرَآءِ وَهُوَ مَذۡمُومٞ ﴿٤٩﴾

فَٱجۡتَبَىٰهُ رَبُّهُۥ فَجَعَلَهُۥ مِنَ
ٱلصَّٰلِحِينَ ﴿٥٠﴾

وَإِن يَكَادُ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ لَيُزۡلِقُونَكَ
بِأَبۡصَٰرِهِمۡ لَمَّا سَمِعُواْ ٱلذِّكۡرَ وَيَقُولُونَ
إِنَّهُۥ لَمَجۡنُونٞ ﴿٥١﴾

وَمَا هُوَ إِلَّا ذِكۡرٞ لِّلۡعَٰلَمِينَ ﴿٥٢﴾

(69) SURA HAKA
ISIKHATHI SEQINISO

سُورَةُ الحَاقَّةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Isikhathi seQiniso

ٱلْحَآقَّةُ ﴿١﴾

2. Siyini Isikhathi seQiniso na?

مَا ٱلْحَآقَّةُ ﴿٢﴾

3. Uyokwazi kanjani ukuthi siyini Isikhathi seQiniso na?

وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا ٱلْحَآقَّةُ ﴿٣﴾

4. Isizwe sama*Tamudi* nakwa-*Adi* zasiphika Isikhathi Esithusayo.

كَذَّبَتْ ثَمُودُ وَعَادٌۢ بِٱلْقَارِعَةِ ﴿٤﴾

5. Isizwe sama*Tamudi* sabhujiswa sona ngomsindo onamandla.

فَأَمَّا ثَمُودُ فَأُهْلِكُوا۟ بِٱلطَّاغِيَةِ ﴿٥﴾

6. Kwathi isizwe sakwa-*Adi* sabhujiswa sona ngesivunguvungu somoya obandanyo.

وَأَمَّا عَادٌ فَأُهْلِكُوا۟ بِرِيحٍ صَرْصَرٍ عَاتِيَةٍ ﴿٦﴾

7. Wawuthumela kubo ubusuku obuyisikhombisa nezinsuku eziyisishiyagalombili zilandelana; wawubona ngabantu bedindilizile okweziqu zemithi yamasundu eziwile.

سَخَّرَهَا عَلَيْهِمْ سَبْعَ لَيَالٍ وَثَمَٰنِيَةَ أَيَّامٍ حُسُومًا ۖ فَتَرَى ٱلْقَوْمَ فِيهَا صَرْعَىٰ كَأَنَّهُمْ أَعْجَازُ نَخْلٍ خَاوِيَةٍ ﴿٧﴾

8. Ingabe izinsalela zabo ozibonayo na?

فَهَلْ تَرَىٰ لَهُم مِّنۢ بَاقِيَةٍ ﴿٨﴾

9. NoFirawuni nalabo abamandulelayo kanye nalabo abasakazwa phansi beza nempambuko.

وَجَآءَ فِرْعَوْنُ وَمَن قَبْلَهُۥ وَٱلْمُؤْتَفِكَٰتُ بِٱلْخَاطِئَةِ ﴿٩﴾

فَعَصَوْا۟ رَسُولَ رَبِّهِمْ فَأَخَذَهُمْ أَخْذَةً رَّابِيَةً ﴿١٠﴾

10. Beyisa Isithunywa sseNkosi yabo, bheka ngoba yabe isabajezisa kanzima.

إِنَّا لَمَّا طَغَا ٱلْمَآءُ حَمَلْنَٰكُمْ فِى ٱلْجَارِيَةِ ﴿١١﴾

11. Nebala kwathi lapho amanzi esegeleza ngokwendlulele Sanigibeza emkhunjini.

لِنَجْعَلَهَا لَكُمْ تَذْكِرَةً وَتَعِيَهَآ أُذُنٌ وَٰعِيَةٌ ﴿١٢﴾

12. Ukuze ibe yisifundo kini futhi izwakale ezindlebeni ezilalelayo.

فَإِذَا نُفِخَ فِى ٱلصُّورِ نَفْخَةٌ وَٰحِدَةٌ ﴿١٣﴾

13. Kuyothi lapho lishaywa kanye icilongo;

وَحُمِلَتِ ٱلْأَرْضُ وَٱلْجِبَالُ فَدُكَّتَا دَكَّةً وَٰحِدَةً ﴿١٤﴾

14. Umhlaba nezintaba kuyophakanyiswa kuzanyazanyiswe kanye.

فَيَوْمَئِذٍ وَقَعَتِ ٱلْوَاقِعَةُ ﴿١٥﴾

15. NgalokuSuku Isikhathi lapho siyokwenzeka khona iseSehlakalo.

وَٱنشَقَّتِ ٱلسَّمَآءُ فَهِىَ يَوْمَئِذٍ وَاهِيَةٌ ﴿١٦﴾

16. NgalokuSuku isibhakabhaka siyoqhekeka bheka ngoba siyobe sesilula.

وَٱلْمَلَكُ عَلَىٰٓ أَرْجَآئِهَا ۚ وَيَحْمِلُ عَرْشَ رَبِّكَ فَوْقَهُمْ يَوْمَئِذٍ ثَمَٰنِيَةٌ ﴿١٧﴾

17. Izingelosi zona ziyobe zisizungezile. Futhi ngalokuSuku isiHlalo seNkosi yakho, siyobe sithwelwe eziyisishiyagalombili.

يَوْمَئِذٍ تُعْرَضُونَ لَا تَخْفَىٰ مِنكُمْ خَافِيَةٌ ﴿١٨﴾

18. NgalokuSuku niyokwethulwa eNkosini yenu kungekho nencane imfihlo eyofihlakala ngani.

فَأَمَّا مَنْ أُوتِىَ كِتَٰبَهُۥ بِيَمِينِهِۦ فَيَقُولُ هَآؤُمُ ٱقْرَءُوا۟ كِتَٰبِيَهْ ﴿١٩﴾

19. Lowo oyonikwa incwadi yakhe ngesokundla; uyokuthi: "Wozani fundani incwadi yami"

إِنِّى ظَنَنتُ أَنِّى مُلَٰقٍ حِسَابِيَهْ ﴿٢٠﴾

20. Bengivele ngazi ukuthi ngiyowudla umvuzo wami.

21. Uyobe esephile impilo enentokomalo.
فَهُوَ فِي عِيشَةٍ رَّاضِيَةٍ ﴿٢١﴾

22. Ezivandeni eziphakeme.
فِي جَنَّةٍ عَالِيَةٍ ﴿٢٢﴾

23. Ozithelo zazo zilengela eduze.
قُطُوفُهَا دَانِيَةٌ ﴿٢٣﴾

24. Dlanini, niphuze ngenakwenza ezinsukwini ezandlula.
كُلُوا۟ وَٱشْرَبُوا۟ هَنِيٓـًٔۢا بِمَآ أَسْلَفْتُمْ فِي ٱلْأَيَّامِ ٱلْخَالِيَةِ ﴿٢٤﴾

25. Kepha lowo oyonikwa incwadi yakhe ngesokunxele; uyothi: "ngifisa engathi anginikwanga incwadi yami"
وَأَمَّا مَنْ أُوتِيَ كِتَٰبَهُۥ بِشِمَالِهِۦ فَيَقُولُ يَٰلَيْتَنِي لَمْ أُوتَ كِتَٰبِيَهْ ﴿٢٥﴾

26. Futhi angazi ukuthi yini umvuzo wami.
وَلَمْ أَدْرِ مَا حِسَابِيَهْ ﴿٢٦﴾

27. Ngifisa engathi ngafa unomphela.
يَٰلَيْتَهَا كَانَتِ ٱلْقَاضِيَةَ ﴿٢٧﴾

28. Umcebo wami awungisizanga ngalutho.
مَآ أَغْنَىٰ عَنِّي مَالِيَهْ ﴿٢٨﴾

29. Sengiphelelwe nawubufakazi.
هَلَكَ عَنِّي سُلْطَٰنِيَهْ ﴿٢٩﴾

30. Mthatheni nimbophe.
خُذُوهُ فَغُلُّوهُ ﴿٣٠﴾

31. Bese nimtshingela eJahanamu.
ثُمَّ ٱلْجَحِيمَ صَلُّوهُ ﴿٣١﴾

32. Bese nimfaka emaketangweni obude bawo bungagalo angamashumi ayisikhombisa.
ثُمَّ فِي سِلْسِلَةٍ ذَرْعُهَا سَبْعُونَ ذِرَاعًا فَٱسْلُكُوهُ ﴿٣٢﴾

33. Bheka ngoba ubengakholwa ku Allah Omkhulu.
إِنَّهُۥ كَانَ لَا يُؤْمِنُ بِٱللَّهِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٣٣﴾

34. Futhi ubengagqugquzeli ukondliwa kwalabo abantulayo.
وَلَا يَحُضُّ عَلَىٰ طَعَامِ ٱلْمِسْكِينِ ﴿٣٤﴾

35. Namhlanje akanamngani la.
فَلَيْسَ لَهُ ٱلْيَوْمَ هَٰهُنَا حَمِيمٌ ﴿٣٥﴾

36. Futhi akanakudla ngaphandle kobubomvu.

وَلَا طَعَامٌ إِلَّا مِنْ غِسْلِينٍ ﴿٣٦﴾

37. Akekho oyobudla ngaphandle kwalabo abaphambukile.

لَّا يَأْكُلُهُۥٓ إِلَّا ٱلْخَٰطِـُٔونَ ﴿٣٧﴾

38. Kunani uma Ngifunga ngalokho enikubonayo.

فَلَآ أُقْسِمُ بِمَا تُبْصِرُونَ ﴿٣٨﴾

39. Kanye nalokho eningakuboni.

وَمَا لَا تُبْصِرُونَ ﴿٣٩﴾

40. Nebala ngamazwi weSithunywa esihloniphekile.

إِنَّهُۥ لَقَوْلُ رَسُولٍ كَرِيمٍ ﴿٤٠﴾

41. Akusiwona amazwi embongi, ukuba ningakholwa idlanzana.

وَمَا هُوَ بِقَوْلِ شَاعِرٍ ۚ قَلِيلًا مَّا تُؤْمِنُونَ ﴿٤١﴾

42. Futhi akusiwona amazwi esanusi, ukuba ningathathela idlanzana phezulu.

وَلَا بِقَوْلِ كَاهِنٍ ۚ قَلِيلًا مَّا تَذَكَّرُونَ ﴿٤٢﴾

43. Eyisambulo esivela eNkosini yezizwe.

تَنزِيلٌ مِّن رَّبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٤٣﴾

44. Uma nje ubengasiqambela amanga athize;

وَلَوْ تَقَوَّلَ عَلَيْنَا بَعْضَ ٱلْأَقَاوِيلِ ﴿٤٤﴾

45. Besizombamba kanzima.

لَأَخَذْنَا مِنْهُ بِٱلْيَمِينِ ﴿٤٥﴾

46. Bese simnqamulela umthambo wempilo.

ثُمَّ لَقَطَعْنَا مِنْهُ ٱلْوَتِينَ ﴿٤٦﴾

47. Akekho nomunye kini oyokhona ukumvikela.

فَمَا مِنكُم مِّنْ أَحَدٍ عَنْهُ حَٰجِزِينَ ﴿٤٧﴾

48. Futhi iyisikhumbuzo kulabo abazithobayo.

وَإِنَّهُۥ لَتَذْكِرَةٌ لِّلْمُتَّقِينَ ﴿٤٨﴾

49. Kantike Siyazi ukuthi kukhona abaphika iqiniso kini.

وَإِنَّا لَنَعْلَمُ أَنَّ مِنكُم مُّكَذِّبِينَ ﴿٤٩﴾

50. Kuyoba indumalo kwabangakholwa.

51. Nebala iyiqiniso elingenakuphikwa.

52. Ngakhoke dumisa iGama leNkosi yakho eNkulu.

وَإِنَّهُۥ لَحَسۡرَةٌ عَلَى ٱلۡكَٰفِرِينَ ٥٠

وَإِنَّهُۥ لَحَقُّ ٱلۡيَقِينِ ٥١

فَسَبِّحۡ بِٱسۡمِ رَبِّكَ ٱلۡعَظِيمِ ٥٢

(70) SURA MA'ARIJI
IMIZILA YASEMKHATHINI

سُورَةُ المَعَارِجِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Umbuzi ubuza ngesijeziso esizofika.

سَأَلَ سَآئِلٌۢ بِعَذَابٍ وَاقِعٍ ﴿١﴾

2. Kulabo abangakholwa kungekho nozobavikela;

لِّلْكَٰفِرِينَ لَيْسَ لَهُۥ دَافِعٌ ﴿٢﴾

3. Ku Allah okunguyena wemizila yaphezulu.

مِّنَ ٱللَّهِ ذِى ٱلْمَعَارِجِ ﴿٣﴾

4. Izingelosi kanye noRuhu zenyukela kuYe esikhathini esiwusuku olulingana neminyaka eyizinkulungwane ezingamashumi amahlanu.

تَعْرُجُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ وَٱلرُّوحُ إِلَيْهِ فِى يَوْمٍ كَانَ مِقْدَارُهُۥ خَمْسِينَ أَلْفَ سَنَةٍ ﴿٤﴾

5. Ngakhoke bekezela ngesineke.

فَٱصْبِرْ صَبْرًا جَمِيلًا ﴿٥﴾

6. Empeleni bona basibona sikude.

إِنَّهُمْ يَرَوْنَهُۥ بَعِيدًا ﴿٦﴾

7. Kepha thina Sisibona siseduze.

وَنَرَىٰهُ قَرِيبًا ﴿٧﴾

8. Usuku lapho isibhakabhaka siyophenduka umdokwe oncibilikayo.

يَوْمَ تَكُونُ ٱلسَّمَآءُ كَٱلْمُهْلِ ﴿٨﴾

9. Kanjalo nezintaba ziyophenduka uboya.

وَتَكُونُ ٱلْجِبَالُ كَٱلْعِهْنِ ﴿٩﴾

10. Futhi akukho sihlobo esiyobuza esinye.

وَلَا يَسْـَٔلُ حَمِيمٌ حَمِيمًا ﴿١٠﴾

يُبَصَّرُونَهُمْ ۚ يَوَدُّ ٱلْمُجْرِمُ لَوْ يَفْتَدِى مِنْ
عَذَابِ يَوْمِئِذٍۭ بِبَنِيهِ ﴿١١﴾

وَصَٰحِبَتِهِۦ وَأَخِيهِ ﴿١٢﴾

وَفَصِيلَتِهِ ٱلَّتِى تُـْٔوِيهِ ﴿١٣﴾

وَمَن فِى ٱلْأَرْضِ جَمِيعًا ثُمَّ يُنجِيهِ ﴿١٤﴾

كَلَّآ ۖ إِنَّهَا لَظَىٰ ﴿١٥﴾

نَزَّاعَةً لِّلشَّوَىٰ ﴿١٦﴾

تَدْعُوا۟ مَنْ أَدْبَرَ وَتَوَلَّىٰ ﴿١٧﴾

وَجَمَعَ فَأَوْعَىٰٓ ﴿١٨﴾

* إِنَّ ٱلْإِنسَٰنَ خُلِقَ هَلُوعًا ﴿١٩﴾

إِذَا مَسَّهُ ٱلشَّرُّ جَزُوعًا ﴿٢٠﴾

وَإِذَا مَسَّهُ ٱلْخَيْرُ مَنُوعًا ﴿٢١﴾

إِلَّا ٱلْمُصَلِّينَ ﴿٢٢﴾

ٱلَّذِينَ هُمْ عَلَىٰ صَلَاتِهِمْ دَآئِمُونَ ﴿٢٣﴾

وَٱلَّذِينَ فِىٓ أَمْوَٰلِهِمْ حَقٌّ مَّعْلُومٌ ﴿٢٤﴾

لِّلسَّآئِلِ وَٱلْمَحْرُومِ ﴿٢٥﴾

وَٱلَّذِينَ يُصَدِّقُونَ بِيَوْمِ ٱلدِّينِ ﴿٢٦﴾

11. Bayobonana! Isigilamkhuba siyofisa ukuzihlenga esijezisweni salokuSuku ngezingane zaso.

12. Kumbe umkaso nomfowabo;

13. Noma isizwe saso lesi esimvikelayo.

14. Noma wonke osemhlabeni ukuzenje avikeleke.

15. Lutho! Nebala uvutha amalangabi.

16. Uhashula isikhumba.

17. Ubiza wonke lowo owadikila washaya indiva.

18. Waqungelela wayiqonqela.

19. Ngemplela umuntu udale wayinqaba

20. Uma enzekelwa okubi akanasineke.

21. Uma enzekelwa okuhle uba ungoqo.

22. Ngaphandle kwalabo abenza iSwala.

23. Labo abaqikelela ukwenza iSwala njalo nje.

24. Labo okunesigamu esazwiwayo emcebeni wabo.

25. Salabo abacelayo nabaswele.

26. Labo abakholwa kuSuku lokwaHlulela.

27. Labo abesaba isijeziso seNkosi yabo.

وَٱلَّذِينَ هُم مِّنْ عَذَابِ رَبِّهِم مُّشْفِقُونَ ﴿٢٧﴾

28. Ngokuba akekho ophephile esijezisweni seNkosi yabo.

إِنَّ عَذَابَ رَبِّهِمْ غَيْرُ مَأْمُونٍ ﴿٢٨﴾

29. Labo futhi abavikela izitho zabo zangasese.

وَٱلَّذِينَ هُمْ لِفُرُوجِهِمْ حَٰفِظُونَ ﴿٢٩﴾

30. Ngaphandle uma kungabafazi babo noma amabibi, ngokuba abanacala.

إِلَّا عَلَىٰٓ أَزْوَٰجِهِمْ أَوْ مَا مَلَكَتْ أَيْمَٰنُهُمْ فَإِنَّهُمْ غَيْرُ مَلُومِينَ ﴿٣٠﴾

31. Labo abalangezelela okungale kwalokho; yiziphulamthetho uqobo lezo.

فَمَنِ ٱبْتَغَىٰ وَرَآءَ ذَٰلِكَ فَأُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْعَادُونَ ﴿٣١﴾

32. Futhi labo abagcina izethembiso nezibophezelo zabo.

وَٱلَّذِينَ هُمْ لِأَمَٰنَٰتِهِمْ وَعَهْدِهِمْ رَٰعُونَ ﴿٣٢﴾

33. Labo ababumelayo ubufakazi babo.

وَٱلَّذِينَ هُم بِشَهَٰدَٰتِهِمْ قَآئِمُونَ ﴿٣٣﴾

34. Labo abaqikelela ukwenza iSwala ngesikathi.

وَٱلَّذِينَ هُمْ عَلَىٰ صَلَاتِهِمْ يُحَافِظُونَ ﴿٣٤﴾

35. Yiboke labo abayongena eJana baphathwe kahle.

أُوْلَٰٓئِكَ فِى جَنَّٰتٍ مُّكْرَمُونَ ﴿٣٥﴾

36. Yini ngalaba abangakholwa lokhu beshabashekela ngakuwe.

فَمَالِ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ قِبَلَكَ مُهْطِعِينَ ﴿٣٦﴾

37. Bebuthana amaqoqwana ngapha nangapha.

عَنِ ٱلْيَمِينِ وَعَنِ ٱلشِّمَالِ عِزِينَ ﴿٣٧﴾

38. Ingabe bonke bafisa ukungeniswa eJana yentokomalo na?

أَيَطْمَعُ كُلُّ ٱمْرِئٍ مِّنْهُمْ أَن يُدْخَلَ جَنَّةَ نَعِيمٍ ﴿٣٨﴾

39. Phinde! Bheka ngoba sibadale ngalokho abakwaziyo.

كَلَّآ ۖ إِنَّا خَلَقْنَٰهُم مِّمَّا يَعْلَمُونَ ﴿٣٩﴾

40. Ngifunga ngeNKosi yezimpumalanga nezintshonalanga ukuthi Siyakhona;

فَلَآ أُقۡسِمُ بِرَبِّ ٱلۡمَشَٰرِقِ وَٱلۡمَغَٰرِبِ إِنَّا لَقَٰدِرُونَ ﴿٤٠﴾

41. Ukuletha abanye abangcono kunabo futhi akekho oyophunyula.

عَلَىٰٓ أَن نُّبَدِّلَ خَيۡرٗا مِّنۡهُمۡ وَمَا نَحۡنُ بِمَسۡبُوقِينَ ﴿٤١﴾

42. Ngakhoke bayekele banhlanhlathe bachanase baze bafike kuloluSuku abathenjiswa lona.

فَذَرۡهُمۡ يَخُوضُواْ وَيَلۡعَبُواْ حَتَّىٰ يُلَٰقُواْ يَوۡمَهُمُ ٱلَّذِي يُوعَدُونَ ﴿٤٢﴾

43. Usuku lapho abayophuma khona emangcwabeni bephuthuma ongathi bajahele izithixo.

يَوۡمَ يَخۡرُجُونَ مِنَ ٱلۡأَجۡدَاثِ سِرَاعٗا كَأَنَّهُمۡ إِلَىٰ نُصُبٖ يُوفِضُونَ ﴿٤٣﴾

44. Bayokhophozela bethelwe ihlazo; yiloke loloSuku abathenjiswe lona.

خَٰشِعَةً أَبۡصَٰرُهُمۡ تَرۡهَقُهُمۡ ذِلَّةٞۚ ذَٰلِكَ ٱلۡيَوۡمُ ٱلَّذِي كَانُواْ يُوعَدُونَ ﴿٤٤﴾

(71) SURA NUHU
UNUHU

سُورَةُ نُوحٍ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngempela samuthumela uNuhu esizweni sakhe, ukuba: "Xwayisa abantu bakho bengakatholi isijeziso esibuhlungu".

إِنَّآ أَرْسَلْنَا نُوحًا إِلَىٰ قَوْمِهِۦٓ أَنْ أَنذِرْ قَوْمَكَ مِن قَبْلِ أَن يَأْتِيَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١﴾

2. Wathi: "bantu bami, ngingumxwayisi ocacile kini".

قَالَ يَٰقَوْمِ إِنِّى لَكُمْ نَذِيرٌ مُّبِينٌ ﴿٢﴾

3. Khonzani u Allah nimuthobele futhi ningilalele.

أَنِ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ وَٱتَّقُوهُ وَأَطِيعُونِ ﴿٣﴾

4. Uzonithethelela izimpambuko zenu futhi uyonigcina kuze kube isikhathi esinqunyiwe. Bheka ngoba isikhathi esinqunywe u Allah asisoze sahlehliswa, ukube nje benazi.

يَغْفِرْ لَكُم مِّن ذُنُوبِكُمْ وَيُؤَخِّرْكُمْ إِلَىٰٓ أَجَلٍ مُّسَمًّى ۚ إِنَّ أَجَلَ ٱللَّهِ إِذَا جَآءَ لَا يُؤَخَّرُ ۖ لَوْ كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٤﴾

5. Wathi: "Nkosi yami, ngimeme isizwe sami ubusuku nemini; "

قَالَ رَبِّ إِنِّى دَعَوْتُ قَوْمِى لَيْلًا وَنَهَارًا ﴿٥﴾

6. Kepha ukubamema kwami kubenze babaleka ngokudlangile.

فَلَمْ يَزِدْهُمْ دُعَآءِىٓ إِلَّا فِرَارًا ﴿٦﴾

7. Kuthi njalo uma ngibamema ukuze ubathethelele, bavame bafake iminwe ezindlebeni zabo bazimboze ngezambatho zabo futhi baphikelele bezigqaja.

وَإِنِّى كُلَّمَا دَعَوْتُهُمْ لِتَغْفِرَ لَهُمْ جَعَلُوٓا۟ أَصَٰبِعَهُمْ فِىٓ ءَاذَانِهِمْ وَٱسْتَغْشَوْا۟ ثِيَابَهُمْ وَأَصَرُّوا۟ وَٱسْتَكْبَرُوا۟ ٱسْتِكْبَارًا ﴿٧﴾

8. Ngibamema esidlangalaleni.

ثُمَّ إِنِّى دَعَوْتُهُمْ جِهَارًا ﴿٨﴾

ثُمَّ إِنِّيٓ أَعۡلَنتُ لَهُمۡ وَأَسۡرَرۡتُ لَهُمۡ إِسۡرَارٗا ٩

9. Ngabamemeza ngaphinde ngakhuluma nabo ngasese.

فَقُلۡتُ ٱسۡتَغۡفِرُواْ رَبَّكُمۡ إِنَّهُۥ كَانَ غَفَّارٗا ١٠

10. Ngathi: "celani intethelelo eNkosini yenu ngokuba Yona iyahethelela.

يُرۡسِلِ ٱلسَّمَآءَ عَلَيۡكُم مِّدۡرَارٗا ١١

11. Izonehlisela imvula ngenala.

وَيُمۡدِدۡكُم بِأَمۡوَٰلٖ وَبَنِينَ وَيَجۡعَل لَّكُمۡ جَنَّٰتٖ وَيَجۡعَل لَّكُمۡ أَنۡهَٰرٗا ١٢

12. Inandisele ingcebo nenzalo futhi anenzele izivande nemifula.

مَّا لَكُمۡ لَا تَرۡجُونَ لِلَّهِ وَقَارٗا ١٣

13. Yini ngani ningakhombisi inhlonipho ku Allah na?

وَقَدۡ خَلَقَكُمۡ أَطۡوَارًا ١٤

14. Ebe anidala izigaba ngezigaba.

أَلَمۡ تَرَوۡاْ كَيۡفَ خَلَقَ ٱللَّهُ سَبۡعَ سَمَٰوَٰتٖ طِبَاقٗا ١٥

15. Anibonanga ukuthi u Allah uwadale kanjani amazulu ayisikhombisa alakelana.

وَجَعَلَ ٱلۡقَمَرَ فِيهِنَّ نُورٗا وَجَعَلَ ٱلشَّمۡسَ سِرَاجٗا ١٦

16. Wenza inyanga yaba ukukhanya kuwo, wenza ilanga isibani.

وَٱللَّهُ أَنۢبَتَكُم مِّنَ ٱلۡأَرۡضِ نَبَاتٗا ١٧

17. U Allah unidale ngomhlabathi.

ثُمَّ يُعِيدُكُمۡ فِيهَا وَيُخۡرِجُكُمۡ إِخۡرَاجٗا ١٨

18. Futhi uyonibuyisela kuwo aphinde anikhiphe kuwo.

وَٱللَّهُ جَعَلَ لَكُمُ ٱلۡأَرۡضَ بِسَاطٗا ١٩

19. U Allah unenzele umhlaba wendlaleka;

لِّتَسۡلُكُواْ مِنۡهَا سُبُلٗا فِجَاجٗا ٢٠

20. Ukuze nenze imizila ngemizila".

قَالَ نُوحٞ رَّبِّ إِنَّهُمۡ عَصَوۡنِي وَٱتَّبَعُواْ مَن لَّمۡ يَزِدۡهُ مَالُهُۥ وَوَلَدُهُۥٓ إِلَّا خَسَارٗا ٢١

21. UNuhu wathi: "Nkosi yami, ngempela abangilalelanga, balandela lowo odukiswe kakhulu ingcebo yakhe nezingane zakhe;"

22. Futhi bakha uzungu olukhulu.

وَمَكَرُوا۟ مَكْرًا كُبَّارًا ﴿٢٢﴾

23. Bathi: "Ningazishiyi izikhonzwa zenu, ningabashiyi oWadu noSuwa'u noYaguta noYa'uka kanye noNasru."

وَقَالُوا۟ لَا تَذَرُنَّ ءَالِهَتَكُمْ وَلَا تَذَرُنَّ وَدًّا وَلَا سُوَاعًا وَلَا يَغُوثَ وَيَعُوقَ وَنَسْرًا ﴿٢٣﴾

24. Empeleni baningi ababadukisile, yenzake labo abaphambukile bagxile ekudukeni.

وَقَدْ أَضَلُّوا۟ كَثِيرًا ۖ وَلَا تَزِدِ ٱلظَّٰلِمِينَ إِلَّا ضَلَٰلًا ﴿٢٤﴾

25. Ngenxa yezimpambuko zabo, baminziswa bafakwa eMlilweni; abazange bathole abasizi ngaphandle kwa Allah.

مِّمَّا خَطِيٓـَٰٔتِهِمْ أُغْرِقُوا۟ فَأُدْخِلُوا۟ نَارًا فَلَمْ يَجِدُوا۟ لَهُم مِّن دُونِ ٱللَّهِ أَنصَارًا ﴿٢٥﴾

26. UNuhu wabe esethi: "Nkosi yami, ungashiyi muntu ophilayo kulabo abangakholwa".

وَقَالَ نُوحٌ رَّبِّ لَا تَذَرْ عَلَى ٱلْأَرْضِ مِنَ ٱلْكَٰفِرِينَ دَيَّارًا ﴿٢٦﴾

27. "Ngokuba uma ubayeka bazodukisa izinceku zakho futhi bazolokho bezala eminye imigulukudu engakholwa".

إِنَّكَ إِن تَذَرْهُمْ يُضِلُّوا۟ عِبَادَكَ وَلَا يَلِدُوٓا۟ إِلَّا فَاجِرًا كَفَّارًا ﴿٢٧﴾

28. "Nkosi yami ngithethelele mina kanye nabazali bami nalowo ongena emzini wami ekholwa, nalabo abesilisa nabesifazane abakholwayo futhi wandisele labo abaphambukile ekulahlekelweni".

رَّبِّ ٱغْفِرْ لِى وَلِوَٰلِدَىَّ وَلِمَن دَخَلَ بَيْتِىَ مُؤْمِنًا وَلِلْمُؤْمِنِينَ وَٱلْمُؤْمِنَٰتِ ۗ وَلَا تَزِدِ ٱلظَّٰلِمِينَ إِلَّا تَبَارًا ﴿٢٨﴾

(72) SURA JINI
AMAJINI (IMIMOYA)

سُورَةُ الْجِنِّ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Yithi: "Kwembulelwe kimi ukuthi iquqaba lamaJini belilalele, lathi: 'Ngempela sizwe iKurani eyisimanga!'"

قُلْ أُوحِيَ إِلَيَّ أَنَّهُ ٱسْتَمَعَ نَفَرٌ مِّنَ ٱلْجِنِّ فَقَالُوٓاْ إِنَّا سَمِعْنَا قُرْءَانًا عَجَبًا ﴿١﴾

2. Iholela kubuqotho sakholwa kuyo futhi asisoze sabhangqa muntu no Allah.

يَهْدِيٓ إِلَى ٱلرُّشْدِ فَـَٔامَنَّا بِهِۦ ۖ وَلَن نُّشْرِكَ بِرَبِّنَآ أَحَدًا ﴿٢﴾

3. Nokuthi udumo lweNkosi yethu luphakeme, akanamfazi akanangane.

وَأَنَّهُۥ تَعَٰلَىٰ جَدُّ رَبِّنَا مَا ٱتَّخَذَ صَٰحِبَةً وَلَا وَلَدًا ﴿٣﴾

4. Lowo owethu oyisiwula bekakhuluma iphutha ngo Allah.

وَأَنَّهُۥ كَانَ يَقُولُ سَفِيهُنَا عَلَى ٱللَّهِ شَطَطًا ﴿٤﴾

5. Futhi besicabanga ukuthi Abantu namaJini abasoze bakhuluma amanga ngo Allah.

وَأَنَّا ظَنَنَّآ أَن لَّن تَقُولَ ٱلْإِنسُ وَٱلْجِنُّ عَلَى ٱللَّهِ كَذِبًا ﴿٥﴾

6. Nebala amadoda angabantu abecela ukuvikelwa amaJini, bheka ngoba abe esebathusa njalo.

وَأَنَّهُۥ كَانَ رِجَالٌ مِّنَ ٱلْإِنسِ يَعُوذُونَ بِرِجَالٍ مِّنَ ٱلْجِنِّ فَزَادُوهُمْ رَهَقًا ﴿٦﴾

7. Nabo bebecabanga njengani ukuthi u Allah akasoze avusa muntu ekufeni.

وَأَنَّهُمْ ظَنُّواْ كَمَا ظَنَنتُمْ أَن لَّن يَبْعَثَ ٱللَّهُ أَحَدًا ﴿٧﴾

8. Kuthe lapho siya emkhathini sathola kugcwele abaqaphi kanzima namalangabi.

وَأَنَّا لَمَسْنَا ٱلسَّمَآءَ فَوَجَدْنَٰهَا مُلِئَتْ حَرَسًا شَدِيدًا وَشُهُبًا ﴿٨﴾

9. Kadeni besihlala silalele; kepha manje ozama ukulalela uhlangabezana nelangabi limlindele.

وَأَنَّا كُنَّا نَقْعُدُ مِنْهَا مَقَٰعِدَ لِلسَّمْعِ ۖ فَمَن يَسْتَمِعِ ٱلْـَٰٔنَ يَجِدْ لَهُۥ شِهَابًا رَّصَدًا ﴿٩﴾

10. Empeleni nathi asazi, kumbe okubi okuhloselwe abasemhlabeni noma iNkosi yabo ibahlosele okuhle.

وَأَنَّا لَا نَدْرِىٓ أَشَرٌّ أُرِيدَ بِمَن فِى ٱلْأَرْضِ أَمْ أَرَادَ بِهِمْ رَبُّهُمْ رَشَدًا ﴿١٠﴾

11. Kanti futhi kunabanye bethu abalungile kanti abanye abanjalo, sinezindlela ezahlukene.

وَأَنَّا مِنَّا ٱلصَّٰلِحُونَ وَمِنَّا دُونَ ذَٰلِكَ ۖ كُنَّا طَرَآئِقَ قِدَدًا ﴿١١﴾

12. Besazi ukuthi asisoze saphunyuka ku Allah emhlabeni futhi singasoze saphunyuka uma simubalekela.

وَأَنَّا ظَنَنَّآ أَن لَّن نُّعْجِزَ ٱللَّهَ فِى ٱلْأَرْضِ وَلَن نُّعْجِزَهُۥ هَرَبًا ﴿١٢﴾

13. Kuthe uma sizwa inkokhelo sakholwa kuyo, bheka ngoba lowo okholwa eNkosini yakhe akanalo ixhala lokucindezelwa no ukuthelwa ngengcabha.

وَأَنَّا لَمَّا سَمِعْنَا ٱلْهُدَىٰٓ ءَامَنَّا بِهِۦ ۖ فَمَن يُؤْمِنۢ بِرَبِّهِۦ فَلَا يَخَافُ بَخْسًا وَلَا رَهَقًا ﴿١٣﴾

14. Kantike kunalabo abangamaMusilimu kithi futhi kunalabo abaphambukile; kepha labo abazinikelayo yibo labo abziqokele ukulunga.

وَأَنَّا مِنَّا ٱلْمُسْلِمُونَ وَمِنَّا ٱلْقَٰسِطُونَ ۖ فَمَنْ أَسْلَمَ فَأُو۟لَٰٓئِكَ تَحَرَّوْا۟ رَشَدًا ﴿١٤﴾

15. Labo abaphambukile bayokuba izithungelo zeJahanamu.

وَأَمَّا ٱلْقَٰسِطُونَ فَكَانُوا۟ لِجَهَنَّمَ حَطَبًا ﴿١٥﴾

وَأَلَّوِ ٱسْتَقَٰمُوا۟ عَلَى ٱلطَّرِيقَةِ لَأَسْقَيْنَٰهُم مَّآءً غَدَقًا ﴿١٦﴾

16. Ukube babambelela endleleni eqondile besizobapha amanzi ayinala[1].

لِّنَفْتِنَهُمْ فِيهِ ۚ وَمَن يُعْرِضْ عَن ذِكْرِ رَبِّهِۦ يَسْلُكْهُ عَذَابًا صَعَدًا ﴿١٧﴾

17. Ukuze sibavivinye ngawo; kantike lowo ochitha imiyalo yeNkosi yakhe; iyomufaka esijezisweni esinzima.

وَأَنَّ ٱلْمَسَٰجِدَ لِلَّهِ فَلَا تَدْعُوا۟ مَعَ ٱللَّهِ أَحَدًا ﴿١٨﴾

18. AmaMasajidi angawaka Allah, ngakhoke ningakhonzi muntu no Allah.

وَأَنَّهُۥ لَمَّا قَامَ عَبْدُ ٱللَّهِ يَدْعُوهُ كَادُوا۟ يَكُونُونَ عَلَيْهِ لِبَدًا ﴿١٩﴾

19. Kwathi inceku ka Allah imile imkhonza bacishe balakenyana phezu kwakhe[2].

قُلْ إِنَّمَآ أَدْعُوا۟ رَبِّى وَلَآ أُشْرِكُ بِهِۦٓ أَحَدًا ﴿٢٠﴾

20. Yithi: "Ngikhonza iNkosi yami kuphela vo, futhi angiyibhanqi nalutho!"

قُلْ إِنِّى لَآ أَمْلِكُ لَكُمْ ضَرًّا وَلَا رَشَدًا ﴿٢١﴾

21. Yithi: "Okubi nokuhle kini akukho ezandleni zami"

قُلْ إِنِّى لَن يُجِيرَنِى مِنَ ٱللَّهِ أَحَدٌ وَلَنْ أَجِدَ مِن دُونِهِۦ مُلْتَحَدًا ﴿٢٢﴾

22. Yithi: "Akekho noyedwa oyongivikela ku Allah futhi akukho la engiyophephela khona ngaphandle kwaKhe!"

إِلَّا بَلَٰغًا مِّنَ ٱللَّهِ وَرِسَٰلَٰتِهِۦ ۚ وَمَن يَعْصِ ٱللَّهَ وَرَسُولَهُۥ فَإِنَّ لَهُۥ نَارَ جَهَنَّمَ خَٰلِدِينَ فِيهَآ أَبَدًا ﴿٢٣﴾

23. Ngiphethe nje umlayezo ovela ku Allah nemiyalelo yaKhe; loyo ongalaleli u Allah neSithunywa saKhe uthola uMlilo weJahanamu, uyobhadla kuwo unaphakade.

1 Amanzi ayinsika nomongo wempilo nengcebo emhlabeni ngaphandle kwawo angeke kukhule zitshalo imfuyo ifa ujuqu nabantu imbala abayikuphila.

2 Ngenxa yobuningi bamaJini ayelalele Isithunywa uMuhamadi ngesikhathi efunda iKurani ekhonza.

حَتَّىٰٓ إِذَا رَأَوْا۟ مَا يُوعَدُونَ فَسَيَعْلَمُونَ مَنْ أَضْعَفُ نَاصِرًا وَأَقَلُّ عَدَدًا ﴿٢٤﴾

24. Kuyothi lapho bebona lokho abathenjiswe kona; bayokwazi kahle ukuthi ubani obengumsizi obuthaka nonebutho elidlanzana[1].

قُلْ إِنْ أَدْرِىٓ أَقَرِيبٌ مَّا تُوعَدُونَ أَمْ يَجْعَلُ لَهُۥ رَبِّىٓ أَمَدًا ﴿٢٥﴾

25. Yithi: "Angazi ukuba kuseduze na lokhu enithenjiswe kona kumbe iNkosi yami ikuhlehlisele isikhathi esithize."

عَٰلِمُ ٱلْغَيْبِ فَلَا يُظْهِرُ عَلَىٰ غَيْبِهِۦٓ أَحَدًا ﴿٢٦﴾

26. UnguSolwazi wokungabonwa, akambuleli muntu kokungabonwa kwaKhe.

إِلَّا مَنِ ٱرْتَضَىٰ مِن رَّسُولٍ فَإِنَّهُۥ يَسْلُكُ مِنۢ بَيْنِ يَدَيْهِ وَمِنْ خَلْفِهِۦ رَصَدًا ﴿٢٧﴾

27. Ngaphandleke kwalowo amqokile njengeSithunywa; bheka ngoba izingqaphi zikanise ngaphambili nangemuva.

لِّيَعْلَمَ أَن قَدْ أَبْلَغُوا۟ رِسَٰلَٰتِ رَبِّهِمْ وَأَحَاطَ بِمَا لَدَيْهِمْ وَأَحْصَىٰ كُلَّ شَىْءٍ عَدَدًا ﴿٢٨﴾

28. Ukuze azi ukuthi bayendlulisile imiyalelo yeNkosi yabo futhi ingamele konke abanakho kanti futhi yazi yonke into ngononina.

1 Labo abakhonza izithixo, amandlozi, njalonjalo; ngoSuku lokwaHlulelwa kuyobacacela ukuthi lezi zinto ababezikhonza emhlabeni bezibhanqa no Allah azinakubasiza ngalutho.

(73) SURA MUZAMILI
OZISONGILE

سُورَةُ المُزَّمِّلِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Wena ozisonge ngezembatho!
يَٰٓأَيُّهَا ٱلْمُزَّمِّلُ ﴿١﴾

2. Ima ebusuku ukhonze, ngaphandle nje okwesikhashana.
قُمِ ٱلَّيْلَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿٢﴾

3. Isigamu sabo noma wehlise nje kancane;
نِّصْفَهُۥٓ أَوِ ٱنقُصْ مِنْهُ قَلِيلًا ﴿٣﴾

4. Noma wengeze futhi ufunde iKurani ngesineke.
أَوْ زِدْ عَلَيْهِ وَرَتِّلِ ٱلْقُرْءَانَ تَرْتِيلًا ﴿٤﴾

5. Ngokuba sizokwethwesa amagama anzima.
إِنَّا سَنُلْقِى عَلَيْكَ قَوْلًا ثَقِيلًا ﴿٥﴾

6. Ukukhonza ebusuku kunomthelela omkhulu[1] nenkulumo ecacile[2].
إِنَّ نَاشِئَةَ ٱلَّيْلِ هِىَ أَشَدُّ وَطْئًا وَأَقْوَمُ قِيلًا ﴿٦﴾

7. Emini unesikhathi esiningi.
إِنَّ لَكَ فِى ٱلنَّهَارِ سَبْحًا طَوِيلًا ﴿٧﴾

8. Khumbula igama leNkosi yakho uzunikele kuYo ngokuphelele.
وَٱذْكُرِ ٱسْمَ رَبِّكَ وَتَبَتَّلْ إِلَيْهِ تَبْتِيلًا ﴿٨﴾

9. UyiNkosi yempumalanga nentshonalanga, akekho omunye ofanele ukukhonzwa ngaphandle kwaKhe, ngakhoke thembela kuYe.
رَّبُّ ٱلْمَشْرِقِ وَٱلْمَغْرِبِ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ فَٱتَّخِذْهُ وَكِيلًا ﴿٩﴾

1 Enhlizweni yomuntu nakukholo lwakhe.

2 Ukuthula kobusuku kupha lokufunda iKurani ngokungaphazamiseki nangokujula.

10. Ubekezele kulokho abakushoyo futhi ungabanaki.

وَٱصۡبِرۡ عَلَىٰ مَا يَقُولُونَ وَٱهۡجُرۡهُمۡ هَجۡرٗا جَمِيلٗا ١٠

11. Ungishiyele labo abaphika iqiniso abacebile, ubayeke nje kancane.

وَذَرۡنِي وَٱلۡمُكَذِّبِينَ أُوْلِي ٱلنَّعۡمَةِ وَمَهِّلۡهُمۡ قَلِيلًا ١١

12. Thina sinamasongo noMlilo.

إِنَّ لَدَيۡنَآ أَنكَالٗا وَجَحِيمٗا ١٢

13. Nokudla okungagwinyeki kanye nesijeziso esibuhlungu.

وَطَعَامٗا ذَا غُصَّةٖ وَعَذَابًا أَلِيمٗا ١٣

14. NgoSuku lapho umhlaba nezintaba kuyozamazama, izintaba ziphenduke izintuli eziphephukayo.

يَوۡمَ تَرۡجُفُ ٱلۡأَرۡضُ وَٱلۡجِبَالُ وَكَانَتِ ٱلۡجِبَالُ كَثِيبٗا مَّهِيلًا ١٤

15. Nebala sathumela iSithunywa kini njengofakazi, njengalokhu sathumela iSithunywa kuFironi.

إِنَّآ أَرۡسَلۡنَآ إِلَيۡكُمۡ رَسُولٗا شَٰهِدًا عَلَيۡكُمۡ كَمَآ أَرۡسَلۡنَآ إِلَىٰ فِرۡعَوۡنَ رَسُولٗا ١٥

16. Kepha uFironi akasilalelanga iSithunywa, ngakhoke samujezisa kanzima.

فَعَصَىٰ فِرۡعَوۡنُ ٱلرَّسُولَ فَأَخَذۡنَٰهُ أَخۡذٗا وَبِيلٗا ١٦

17. Nilwesaba kanjani usuku oluyokwenza izingane zibempunga njengoba ningakholwa na?

فَكَيۡفَ تَتَّقُونَ إِن كَفَرۡتُمۡ يَوۡمٗا يَجۡعَلُ ٱلۡوِلۡدَٰنَ شِيبًا ١٧

18. Ngisho isibhakabhaka imbala siyoqhekeka ngalo. Isithembiso saKhe nakanjani siyenzeka.

ٱلسَّمَآءُ مُنفَطِرُۢ بِهِۦۚ كَانَ وَعۡدُهُۥ مَفۡعُولًا ١٨

19. Lesi isexwayiso, othandayo makathathe indlela ebheke eNkosini yakhe.

إِنَّ هَٰذِهِۦ تَذۡكِرَةٞۖ فَمَن شَآءَ ٱتَّخَذَ إِلَىٰ رَبِّهِۦ سَبِيلًا ١٩

20. Ngempela iNkosi yakho iyazi ukuthi wena neqembu lalabo abanawe niyama okuthi akusonde izigamu ezimbile kwezintathu, nesigamu kwezimbili nesigamu kwezintathu; u Allah nguYena ohlela ubusuku nemini. Ubazi ukuthi anisoze nakhona, wanithethelela; ngakhoke fundani enikukhonayo kuKurani. Ubazi ukuthi kuyoba khona kini abagulayo abanye bayasebenza bethungatha umusa ka Allah, kuthi abanye bayalwa endleleni ka Allah, ngakhoke fundani enikukhonayo kuyo; niqikelele ukwenza iSwala nikhiphe neZaka futhi niboleleke u Allah imboleko enhle. Konke enizenzela kona okuhle niyokuthola ku Allah kungcono kunomvuzo omkhulu. Nicele intethelelo ku Allah ngokuba u Allah uyaThethelela Unesihawu.

۞ إِنَّ رَبَّكَ يَعْلَمُ أَنَّكَ تَقُومُ أَدْنَىٰ مِن
ثُلُثَيِ ٱلَّيْلِ وَنِصْفَهُۥ وَثُلُثَهُۥ وَطَآئِفَةٌ مِّنَ
ٱلَّذِينَ مَعَكَ ۚ وَٱللَّهُ يُقَدِّرُ ٱلَّيْلَ وَٱلنَّهَارَ ۚ
عَلِمَ أَن لَّن تُحْصُوهُ فَتَابَ عَلَيْكُمْ ۖ
فَٱقْرَءُوا۟ مَا تَيَسَّرَ مِنَ ٱلْقُرْءَانِ ۚ عَلِمَ
أَن سَيَكُونُ مِنكُم مَّرْضَىٰ وَءَاخَرُونَ
يَضْرِبُونَ فِى ٱلْأَرْضِ يَبْتَغُونَ مِن فَضْلِ
ٱللَّهِ وَءَاخَرُونَ يُقَٰتِلُونَ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ۖ
فَٱقْرَءُوا۟ مَا تَيَسَّرَ مِنْهُ ۚ وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ
وَءَاتُوا۟ ٱلزَّكَوٰةَ وَأَقْرِضُوا۟ ٱللَّهَ قَرْضًا
حَسَنًا ۚ وَمَا تُقَدِّمُوا۟ لِأَنفُسِكُم مِّنْ
خَيْرٍ تَجِدُوهُ عِندَ ٱللَّهِ هُوَ خَيْرًا وَأَعْظَمَ
أَجْرًا ۚ وَٱسْتَغْفِرُوا۟ ٱللَّهَ ۖ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ
رَّحِيمٌ ﴿٢٠﴾

(74) SURA MUDATIR
OZIMBOZILE

سُورَةُ المُدَّثِّرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Wena ozimbozile! — يَٰٓأَيُّهَا ٱلْمُدَّثِّرُ ﴿١﴾
2. Sukuma uxwayise. — قُمْ فَأَنذِرْ ﴿٢﴾
3. Udumise iNkosi yakho. — وَرَبَّكَ فَكَبِّرْ ﴿٣﴾
4. Uhlanze izimpahla zakho. — وَثِيَابَكَ فَطَهِّرْ ﴿٤﴾
5. Futhi uziqelelanise nezithixo. — وَٱلرُّجْزَ فَٱهْجُرْ ﴿٥﴾
6. Ungaphi ngoba ufuna ukwenzelelwa ngokwengeziwe. — وَلَا تَمْنُن تَسْتَكْثِرُ ﴿٦﴾
7. Futhi ubekezelele iNkosi yakho. — وَلِرَبِّكَ فَٱصْبِرْ ﴿٧﴾
8. Kuyothi lapho lishaywa icilingo. — فَإِذَا نُقِرَ فِى ٱلنَّاقُورِ ﴿٨﴾
9. Lolo suku liyokuba uSuku olunzima impela. — فَذَٰلِكَ يَوْمَئِذٍ يَوْمٌ عَسِيرٌ ﴿٩﴾
10. Kwabangakholwa angeke lwaba lula neze. — عَلَى ٱلْكَٰفِرِينَ غَيْرُ يَسِيرٍ ﴿١٠﴾
11. Ngidedele Mina nalowo engamdala eyedwa vo. — ذَرْنِى وَمَنْ خَلَقْتُ وَحِيدًا ﴿١١﴾
12. Futhi ngamhlinzeka ngenala lomcebo. — وَجَعَلْتُ لَهُۥ مَالًا مَّمْدُودًا ﴿١٢﴾
13. Nezingane eziningi. — وَبَنِينَ شُهُودًا ﴿١٣﴾
14. Ngamenzela impilo yalula. — وَمَهَّدتُّ لَهُۥ تَمْهِيدًا ﴿١٤﴾
15. Kepha usufuna ngimandisele! — ثُمَّ يَطْمَعُ أَنْ أَزِيدَ ﴿١٥﴾

16. Phinde! Ngokuba uphike imibiko yethu.
كَلَّآۖ إِنَّهُۥ كَانَ لِـَٔايَٰتِنَا عَنِيدًا ﴿١٦﴾

17. Ngiyokumkhandla ngesijeziso esinzima.
سَأُرْهِقُهُۥ صَعُودًا ﴿١٧﴾

18. Bheka ngoba wajula wakha isu;
إِنَّهُۥ فَكَّرَ وَقَدَّرَ ﴿١٨﴾

19. Waqalekiswa ngendlela akha ngayo isu.
فَقُتِلَ كَيْفَ قَدَّرَ ﴿١٩﴾

20. Waphinde waqalekiswa ngendlela akha ngayo isu.
ثُمَّ قُتِلَ كَيْفَ قَدَّرَ ﴿٢٠﴾

21. Wahlaziya,
ثُمَّ نَظَرَ ﴿٢١﴾

22. Wabuyisa izinhlonze wahwaqa ebusweni.
ثُمَّ عَبَسَ وَبَسَرَ ﴿٢٢﴾

23. Wabe eseshaya iqiniso indiva wazikhukhumalisa.
ثُمَّ أَدْبَرَ وَٱسْتَكْبَرَ ﴿٢٣﴾

24. Wathi: "lokhu (iKurani) ubuthakathi obuthathwe kwabanye"
فَقَالَ إِنْ هَٰذَآ إِلَّا سِحْرٌ يُؤْثَرُ ﴿٢٤﴾

25. Lokhu kungamazwi abanye abantu.
إِنْ هَٰذَآ إِلَّا قَوْلُ ٱلْبَشَرِ ﴿٢٥﴾

26. Ngizomfaka *eSakari* (eJahanamu).
سَأُصْلِيهِ سَقَرَ ﴿٢٦﴾

27. Ingabe uyazi ukuthi iyini *iSakari*?
وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا سَقَرُ ﴿٢٧﴾

28. Ayishiyi lutho futhi ayigeji lutho[1].
لَا تُبْقِى وَلَا تَذَرُ ﴿٢٨﴾

29. Igqunqisa isikhumba.
لَوَّاحَةٌ لِّلْبَشَرِ ﴿٢٩﴾

30. Iqashwe ishumi nesishiyagalo lunye (lezingelosi)
عَلَيْهَا تِسْعَةَ عَشَرَ ﴿٣٠﴾

1 Lomlilo ujuqa ushise konke, awushiyi sikhumba futhi awuyeki nathambo.

وَمَا جَعَلْنَآ أَصْحَٰبَ ٱلنَّارِ إِلَّا مَلَٰٓئِكَةً ۙ وَمَا جَعَلْنَا عِدَّتَهُمْ إِلَّا فِتْنَةً لِّلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لِيَسْتَيْقِنَ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ وَيَزْدَادَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِيمَٰنًا وَلَا يَرْتَابَ ٱلَّذِينَ أُوتُوا۟ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْمُؤْمِنُونَ وَلِيَقُولَ ٱلَّذِينَ فِى قُلُوبِهِم مَّرَضٌ وَٱلْكَٰفِرُونَ مَاذَآ أَرَادَ ٱللَّهُ بِهَٰذَا مَثَلًا ۚ كَذَٰلِكَ يُضِلُّ ٱللَّهُ مَن يَشَآءُ وَيَهْدِى مَن يَشَآءُ ۚ وَمَا يَعْلَمُ جُنُودَ رَبِّكَ إِلَّا هُوَ ۚ وَمَا هِىَ إِلَّا ذِكْرَىٰ لِلْبَشَرِ ﴿٣١﴾

31. Senze abaqaphi boMlilo baba yizingelosi futhi senze nenani labo laba siyilingo kulabo abangakholwa, ukuze labo abanikwa iMibhalo babe nesiqiniseko kuthi labo abakholwayo bande ngokholo. Ukuze labo abanikwa iMibhalo nabakholwayo bangabi nokungabaza. Kepha laba abanesifo ezinhlizweni zabo nalaba abangakholwa bayothi: "Ingabe uhloseni u Allah ngalomzekelo na?" Kanjalo u Allah udukisa amthandayo futhi ahole amthandayo. Kantike akekho owazi ibutho lika Allah ngaphandle kwaKhe. Futhi (uMlilo) uyixwayiso kuSintu.

كَلَّا وَٱلْقَمَرِ ﴿٣٢﴾

32. Qhabo! Ngifunga ngenyanga.

وَٱلَّيْلِ إِذْ أَدْبَرَ ﴿٣٣﴾

33. Nangobusuku uma busa.

وَٱلصُّبْحِ إِذَآ أَسْفَرَ ﴿٣٤﴾

34. Nangentathakusa uma ikhanya

إِنَّهَا لَإِحْدَى ٱلْكُبَرِ ﴿٣٥﴾

35. Ngempela (iJahanamu) ingenye yezinto ezinzima.

نَذِيرًا لِّلْبَشَرِ ﴿٣٦﴾

36. Iyisexwayiso kuSintu.

لِمَن شَآءَ مِنكُمْ أَن يَتَقَدَّمَ أَوْ يَتَأَخَّرَ ﴿٣٧﴾

37. Kulowo kini ofuna ukuya phambili noma uhlehlela nyovana.

كُلُّ نَفْسٍۭ بِمَا كَسَبَتْ رَهِينَةٌ ﴿٣٨﴾

38. Wonke umuntu uyojeziswa ngezenzo zakhe.

إِلَّآ أَصۡحَٰبَ ٱلۡيَمِينِ ﴿٣٩﴾

39. Ngaphandle kwabesokudla[1].

فِي جَنَّٰتٖ يَتَسَآءَلُونَ ﴿٤٠﴾

40. Bayokuba sezivandeni babuzane,

عَنِ ٱلۡمُجۡرِمِينَ ﴿٤١﴾

41. Ngezigilamkhuba;

مَا سَلَكَكُمۡ فِي سَقَرَ ﴿٤٢﴾

42. Yini enifake eSakari

قَالُواْ لَمۡ نَكُ مِنَ ٱلۡمُصَلِّينَ ﴿٤٣﴾

43. Besingayenzi iSwala.

وَلَمۡ نَكُ نُطۡعِمُ ٱلۡمِسۡكِينَ ﴿٤٤﴾

44. Futhi besingabondli abaswele.

وَكُنَّا نَخُوضُ مَعَ ٱلۡخَآئِضِينَ ﴿٤٥﴾

45. Futhi besiminza nabaminzayo.

وَكُنَّا نُكَذِّبُ بِيَوۡمِ ٱلدِّينِ ﴿٤٦﴾

46. Siphika noSuku lokwaHlulela.

حَتَّىٰٓ أَتَىٰنَا ٱلۡيَقِينُ ﴿٤٧﴾

47. Saze saficwa ukufa.

فَمَا تَنفَعُهُمۡ شَفَٰعَةُ ٱلشَّٰفِعِينَ ﴿٤٨﴾

48. Ngakhoke ukuncenga kwabancengi akusoze kwabasiza.

فَمَا لَهُمۡ عَنِ ٱلتَّذۡكِرَةِ مُعۡرِضِينَ ﴿٤٩﴾

49. Babengenwe yini bebalekela isikhumbuzo.

كَأَنَّهُمۡ حُمُرٞ مُّسۡتَنفِرَةٞ ﴿٥٠﴾

50. Ungathi izimbongolo zibaleka.

فَرَّتۡ مِن قَسۡوَرَةِۭ ﴿٥١﴾

51. Zibalekela ibhubesi.

بَلۡ يُرِيدُ كُلُّ ٱمۡرِيٕٖ مِّنۡهُمۡ أَن يُؤۡتَىٰ صُحُفٗا مُّنَشَّرَةٗ ﴿٥٢﴾

52. Kunalokho wonke umuntu ufuna ukunikwa incwadi evuliwe.

كَلَّاۖ بَل لَّا يَخَافُونَ ٱلۡأٓخِرَةَ ﴿٥٣﴾

53. Phinde! Eqinisweni abelwesabi uSuku lokugcina.

كَلَّآ إِنَّهُۥ تَذۡكِرَةٞ ﴿٥٤﴾

54. Cha! Empeleleni iyisikhumbuzo (iKurani).

فَمَن شَآءَ ذَكَرَهُۥ ﴿٥٥﴾

55. Othandayo uzolalela.

وَمَا يَذۡكُرُونَ إِلَّآ أَن يَشَآءَ ٱللَّهُۚ هُوَ أَهۡلُ ٱلتَّقۡوَىٰ وَأَهۡلُ ٱلۡمَغۡفِرَةِ ﴿٥٦﴾

56. Futhi abasoze balalela ngaphandle kwentando ka Allah; nguYena ofanelwe ukuthotshelwa nokuthethelela.

1 Labo abayonikwa izincwadi zabo ngesandla sokudla.

(75) SURA KIYAMA
USUKU LOKWAHLULELWA

سُورَةُ ٱلْقِيَامَةِ

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

لَآ أُقْسِمُ بِيَوْمِ ٱلْقِيَـٰمَةِ ﴿١﴾

1. Qhabo! Ngifunga ngoSuku lokwaHlulelwa

وَلَآ أُقْسِمُ بِٱلنَّفْسِ ٱللَّوَّامَةِ ﴿٢﴾

2. Qhabo! Futhi ngifunga ngonemebeza.

أَيَحْسَبُ ٱلْإِنسَـٰنُ أَلَّن نَّجْمَعَ عِظَامَهُۥ ﴿٣﴾

3. Ingabe umuntu ucabanga ukuthi asisoze sahlanganisa amathambo (abashona) na?

بَلَىٰ قَـٰدِرِينَ عَلَىٰٓ أَن نُّسَوِّيَ بَنَانَهُۥ ﴿٤﴾

4. Nebala, sikwazi ngisho ukuhlanganisa iminwe yakhe.

بَلْ يُرِيدُ ٱلْإِنسَـٰنُ لِيَفْجُرَ أَمَامَهُۥ ﴿٥﴾

5. Kepha umuntu ufuna ukuqhubeka nokuphula umthetho.

يَسْـَٔلُ أَيَّانَ يَوْمُ ٱلْقِيَـٰمَةِ ﴿٦﴾

6. Elokhu ebuza ukuthi lunini uSuku lokwaHlulela.

فَإِذَا بَرِقَ ٱلْبَصَرُ ﴿٧﴾

7. Mhla lapho amehlo eyodideka,

وَخَسَفَ ٱلْقَمَرُ ﴿٨﴾

8. Nenyanga ifiphale

وَجُمِعَ ٱلشَّمْسُ وَٱلْقَمَرُ ﴿٩﴾

9. Kubhanqwe ilanga nenyanga.

يَقُولُ ٱلْإِنسَـٰنُ يَوْمَئِذٍ أَيْنَ ٱلْمَفَرُّ ﴿١٠﴾

10. Ngalolo suku wonke umuntu uyothi: "ngiyobalekela kuphi na?"

كَلَّا لَا وَزَرَ ﴿١١﴾

11. Phinde, akukho ukuphunyuka,

12. Ngalolo suku konke kuyophelela eNkosini yakho.

إِلَىٰ رَبِّكَ يَوْمَئِذٍ ٱلْمُسْتَقَرُّ ﴿١٢﴾

13. Yingalolu suku lapho wonke umuntu eyokwaziswa ngakho konke akwenza.

يُنَبَّؤُا۟ ٱلْإِنسَٰنُ يَوْمَئِذٍۭ بِمَا قَدَّمَ وَأَخَّرَ ﴿١٣﴾

14. Belu wonke umuntu uzazi kahle,

بَلِ ٱلْإِنسَٰنُ عَلَىٰ نَفْسِهِۦ بَصِيرَةٌ ﴿١٤﴾

15. Nakuba engabika imbiba nebuzi.

وَلَوْ أَلْقَىٰ مَعَاذِيرَهُۥ ﴿١٥﴾

16. Ungayiphimisi ngolimi lwakho uyiphuthuma.

لَا تُحَرِّكْ بِهِۦ لِسَانَكَ لِتَعْجَلَ بِهِۦٓ ﴿١٦﴾

17. Ngokuba kukuThina ukuyihlanganisa nokuyifunda.

إِنَّ عَلَيْنَا جَمْعَهُۥ وَقُرْءَانَهُۥ ﴿١٧﴾

18. Uma sesiyifundile landelake ukufundwa kwayo.

فَإِذَا قَرَأْنَٰهُ فَٱتَّبِعْ قُرْءَانَهُۥ ﴿١٨﴾

19. Futhi yithina esizoyichaza.

ثُمَّ إِنَّ عَلَيْنَا بَيَانَهُۥ ﴿١٩﴾

20. Phinde! Nithanda okwamanje (emhlabeni).

كَلَّا بَلْ تُحِبُّونَ ٱلْعَاجِلَةَ ﴿٢٠﴾

21. Futhi anikhathazi ngeLizayo.

وَتَذَرُونَ ٱلْءَاخِرَةَ ﴿٢١﴾

22. Ngalolo suku ubuso buyobe buqhakazile,

وُجُوهٌ يَوْمَئِذٍ نَّاضِرَةٌ ﴿٢٢﴾

23. Bubheke iNkosi yawo.

إِلَىٰ رَبِّهَا نَاظِرَةٌ ﴿٢٣﴾

24. Kanti ngalolo suku obunye ubuso buyobe buhwaqile.

وَوُجُوهٌ يَوْمَئِذٍۭ بَاسِرَةٌ ﴿٢٤﴾

25. Bazi kahle ukuthi buzokwehlelwa ubunzima.

تَظُنُّ أَن يُفْعَلَ بِهَا فَاقِرَةٌ ﴿٢٥﴾

26. Phinde! Lapho ukhuphuka umphefumulo,

كَلَّآ إِذَا بَلَغَتِ ٱلتَّرَاقِىَ ﴿٢٦﴾

27. Kwathiwa: "ubani umelaphi na?"

وَقِيلَ مَنْ ۜ رَاقٍ ﴿٢٧﴾

28. Futhi waqiniseka ukuthi uyafa.

وَظَنَّ أَنَّهُ ٱلْفِرَاقُ ﴿٢٨﴾

29. Kwahlangana ubunzima nobunzima.

وَٱلْتَفَّتِ ٱلسَّاقُ بِٱلسَّاقِ ﴿٢٩﴾

30. Uyobe usubuyiselwa eNkosini yakho.

إِلَىٰ رَبِّكَ يَوْمَئِذٍ ٱلْمَسَاقُ ﴿٣٠﴾

31. Kepha akakholwanga futhi akayenzanga iSwala.

فَلَا صَدَّقَ وَلَا صَلَّىٰ ﴿٣١﴾

32. Kunalokho waphika ukholo wadikila.

وَلَٰكِن كَذَّبَ وَتَوَلَّىٰ ﴿٣٢﴾

33. Waya emzini wakhe eqhosha.

ثُمَّ ذَهَبَ إِلَىٰٓ أَهْلِهِۦ يَتَمَطَّىٰٓ ﴿٣٣﴾

34. Imbubhiso nembubhiso kuwe!

أَوْلَىٰ لَكَ فَأَوْلَىٰ ﴿٣٤﴾

35. Futhi imbubhiso nembubhiso kuwe!

ثُمَّ أَوْلَىٰ لَكَ فَأَوْلَىٰٓ ﴿٣٥﴾

36. Ingabe umuntu ucabanga ukuthi uzoyekwa nje enganakwa na?

أَيَحْسَبُ ٱلْإِنسَٰنُ أَن يُتْرَكَ سُدًى ﴿٣٦﴾

37. Ubengelona yini ihlwili lesidoda esiphumayo na?

أَلَمْ يَكُ نُطْفَةً مِّن مَّنِىٍّ يُمْنَىٰ ﴿٣٧﴾

38. Wabe eseba isigaqa segazi, wadala wabumba.

ثُمَّ كَانَ عَلَقَةً فَخَلَقَ فَسَوَّىٰ ﴿٣٨﴾

39. Wadala ngaye ubulili obubili, indoda nomfazi.

فَجَعَلَ مِنْهُ ٱلزَّوْجَيْنِ ٱلذَّكَرَ وَٱلْأُنثَىٰٓ ﴿٣٩﴾

40. Ingabeke akanawo yini Lowo (uMdali) amandla okuvusa abafileyo na?

أَلَيْسَ ذَٰلِكَ بِقَٰدِرٍ عَلَىٰٓ أَن يُحْۦِۦَ ٱلْمَوْتَىٰ ﴿٤٠﴾

(76) SURA INISANI
UMUNTU

سُورَةُ الْإِنسَانِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Kwaba nesikhathi esithize lapho umuntu wayengelutho olwaziwayo.

هَلْ أَتَىٰ عَلَى ٱلْإِنسَٰنِ حِينٌ مِّنَ ٱلدَّهْرِ لَمْ يَكُن شَيْـًٔا مَّذْكُورًا ﴿١﴾

2. Samdala umuntu ngesidoda esixutshiwe ukuze simvivinye, Samenza wezwa wabona.

إِنَّا خَلَقْنَا ٱلْإِنسَٰنَ مِن نُّطْفَةٍ أَمْشَاجٍ نَّبْتَلِيهِ فَجَعَلْنَٰهُ سَمِيعًۢا بَصِيرًا ﴿٢﴾

3. Samthengisa indlela, yokuba obongayo noma ongabongi.

إِنَّا هَدَيْنَٰهُ ٱلسَّبِيلَ إِمَّا شَاكِرًا وَإِمَّا كَفُورًا ﴿٣﴾

4. Abangakholwa Sibalungiselele amaketango namasongo noMlilo.

إِنَّآ أَعْتَدْنَا لِلْكَٰفِرِينَ سَلَٰسِلَا۠ وَأَغْلَٰلًا وَسَعِيرًا ﴿٤﴾

5. Labo abalungileyo bayophuza isiphuzo esithakwe ngeKafuri.

إِنَّ ٱلْأَبْرَارَ يَشْرَبُونَ مِن كَأْسٍ كَانَ مِزَاجُهَا كَافُورًا ﴿٥﴾

6. Emthonjeni okuyophuza kuwo izinceku zika Allah, ziwugelezise nokuwugelezisa.

عَيْنًا يَشْرَبُ بِهَا عِبَادُ ٱللَّهِ يُفَجِّرُونَهَا تَفْجِيرًا ﴿٦﴾

7. Bagcina izethembiso futhi besaba usuku obubi balo buyobe busabalele.

يُوفُونَ بِٱلنَّذْرِ وَيَخَافُونَ يَوْمًا كَانَ شَرُّهُۥ مُسْتَطِيرًا ﴿٧﴾

8. Futhi bondla ngokudla labo abaswele, izintandane neziboshwa nakuba bekuthanda.

وَيُطْعِمُونَ ٱلطَّعَامَ عَلَىٰ حُبِّهِۦ مِسْكِينًا وَيَتِيمًا وَأَسِيرًا ﴿٨﴾

إِنَّمَا نُطۡعِمُكُمۡ لِوَجۡهِ ٱللَّهِ لَا نُرِيدُ
مِنكُمۡ جَزَآءً وَلَا شُكُورًا ﴿٩﴾

9. Sinondlela ukuthokozisa u Allah, asifune mklomelo kini noma ukunconywa.

إِنَّا نَخَافُ مِن رَّبِّنَا يَوۡمًا عَبُوسًا
قَمۡطَرِيرًا ﴿١٠﴾

10. Ngokuba sesaba iNkosi yethu ngoSuku lapho kuyobe kunokuswaba okunzima.

فَوَقَىٰهُمُ ٱللَّهُ شَرَّ ذَٰلِكَ ٱلۡيَوۡمِ وَلَقَّىٰهُمۡ
نَضۡرَةً وَسُرُورًا ﴿١١﴾

11. U Allah wabavikela ebubini balolo Suku, wabalethela intokomalo nenjabulo.

وَجَزَىٰهُم بِمَا صَبَرُواْ جَنَّةً وَحَرِيرًا ﴿١٢﴾

12. Wabaklomelisa ngokubekezela kwabo i*Jana* ne*Hariri* (isiliki).

مُّتَّكِـِٔينَ فِيهَا عَلَى ٱلۡأَرَآئِكِۖ لَا يَرَوۡنَ
فِيهَا شَمۡسًا وَلَا زَمۡهَرِيرًا ﴿١٣﴾

13. Kuyo (iJana) bayohlala baqiyame emibhedeni; abayikubona langa noma amakhaza ashubisa umnkantsha.

وَدَانِيَةً عَلَيۡهِمۡ ظِلَٰلُهَا وَذُلِّلَتۡ قُطُوفُهَا
تَذۡلِيلًا ﴿١٤﴾

14. Amathunzi ayo (iJana) ayomengamela futhi nezithelo zayo ziyosondezelwa eduze.

وَيُطَافُ عَلَيۡهِم بِـَٔانِيَةٍ مِّن فِضَّةٍ
وَأَكۡوَابٍ كَانَتۡ قَوَارِيرَاْ ﴿١٥﴾

15. Futhi bayophakelwa ezitsheni zesiliva nezinkomishi eziyingilasi;

قَوَارِيرَاْ مِن فِضَّةٍ قَدَّرُوهَا تَقۡدِيرًا ﴿١٦﴾

16. Ingilasi yesiliva ebalingene ncamashi.

وَيُسۡقَوۡنَ فِيهَا كَأۡسًا كَانَ مِزَاجُهَا
زَنجَبِيلًا ﴿١٧﴾

17. Futhi bayophuziswa kuyo isiphuzo esithakwe ngeZanjambili.

عَيۡنًا فِيهَا تُسَمَّىٰ سَلۡسَبِيلًا ﴿١٨﴾

18. Emthonjeni kuyo obizwa ngeSalisabila.

* وَيَطُوفُ عَلَيۡهِمۡ وِلۡدَٰنٌ مُّخَلَّدُونَ إِذَا
رَأَيۡتَهُمۡ حَسِبۡتَهُمۡ لُؤۡلُؤٗا مَّنثُورًا ﴿١٩﴾

19. Bayobe besetshenzelwa abafana abaphila unaphakade, uma ubabona uzocabanga ukuthi amaLulu achithekile.

20. Uma uqalaza lapho uzobona intokomalo nobukhosi obukhulu.

وَإِذَا رَأَيْتَ ثَمَّ رَأَيْتَ نَعِيمًا وَمُلْكًا كَبِيرًا ﴿٢٠﴾

21. Bayombathiswa izembatho eziluhlaza zesilika elithambile nelihayayo. Bahlotshiswe ngamabhengela esiliva, futhi iNkosi yabo izobaphuzisa isiphuzo esihlanzekile.

عَٰلِيَهُمْ ثِيَابُ سُندُسٍ خُضْرٌ وَإِسْتَبْرَقٌ ۖ وَحُلُّوٓا۟ أَسَاوِرَ مِن فِضَّةٍ وَسَقَىٰهُمْ رَبُّهُمْ شَرَابًا طَهُورًا ﴿٢١﴾

22. (kuyothiwa kubo): "Ngempela lokhu kuwumvuzo wenu kanti nemisebenzi yenu iyancomeka."

إِنَّ هَٰذَا كَانَ لَكُمْ جَزَآءً وَكَانَ سَعْيُكُم مَّشْكُورًا ﴿٢٢﴾

23. Yithina esikwembulele iKurani ngancane kancane.

إِنَّا نَحْنُ نَزَّلْنَا عَلَيْكَ ٱلْقُرْءَانَ تَنزِيلًا ﴿٢٣﴾

24. Ngakhoke bekezelela isinqumo seNkosi yakho futhi ungalaleli kubo (abangakholwa) lowo ophambukile noma ongenakubonga.

فَٱصْبِرْ لِحُكْمِ رَبِّكَ وَلَا تُطِعْ مِنْهُمْ ءَاثِمًا أَوْ كَفُورًا ﴿٢٤﴾

25. Ukhumbule igama leNkosi yakho ekuseni nantambama.

وَٱذْكُرِ ٱسْمَ رَبِّكَ بُكْرَةً وَأَصِيلًا ﴿٢٥﴾

26. Nasebusuku mkhothamele (u Allah) umdumise isikhathi eside ebusuku.

وَمِنَ ٱلَّيْلِ فَٱسْجُدْ لَهُۥ وَسَبِّحْهُ لَيْلًا طَوِيلًا ﴿٢٦﴾

27. Empeleni laba (abangakholwa) bathanda okuseduze (emhlabeni) kepha beshaya indiva uSuku Olunzima.

إِنَّ هَٰٓؤُلَآءِ يُحِبُّونَ ٱلْعَاجِلَةَ وَيَذَرُونَ وَرَآءَهُمْ يَوْمًا ثَقِيلًا ﴿٢٧﴾

28. Yithina esibadalile saqinisa ukwakheka kwabo, ngakhoke uma sithanda singaletha abanye abafana nabo esikhundleni sabo.

نَّحْنُ خَلَقْنَٰهُمْ وَشَدَدْنَآ أَسْرَهُمْ ۖ وَإِذَا شِئْنَا بَدَّلْنَآ أَمْثَٰلَهُمْ تَبْدِيلًا ﴿٢٨﴾

29. Lokhu yisikhumbuzo nje, ngakhokelowo ofunayo anangayithatha indlela eya eNkosini yakhe.

30. Futhi akukho eningakufisa ngaphandle kwentando ka Allah; u Allah Wazi konke uKhaliphile.

31. Ufaka amathandayo emseni waKhe, kuthi laba abaphambukile ubalusele isijeziso esibuhlungu.

إِنَّ هَٰذِهِۦ تَذْكِرَةٌ ۖ فَمَن شَآءَ ٱتَّخَذَ إِلَىٰ رَبِّهِۦ سَبِيلًا ﴿٢٩﴾

وَمَا تَشَآءُونَ إِلَّآ أَن يَشَآءَ ٱللَّهُ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ كَانَ عَلِيمًا حَكِيمًا ﴿٣٠﴾

يُدْخِلُ مَن يَشَآءُ فِى رَحْمَتِهِۦ ۚ وَٱلظَّٰلِمِينَ أَعَدَّ لَهُمْ عَذَابًا أَلِيمًا ﴿٣١﴾

(77) SURA MURSALATI
IMIMOYA EVUNGUZAYO

سُورَةُ المُرسَلَاتِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngemimoya evunguzayo, — وَٱلْمُرْسَلَٰتِ عُرْفًا ﴿١﴾
2. Nangesiphepho esinamandla, — فَٱلْعَٰصِفَٰتِ عَصْفًا ﴿٢﴾
3. Nangabasabalalisi abasabalalisayo. — وَٱلنَّٰشِرَٰتِ نَشْرًا ﴿٣﴾
4. Kanye nemihlahlandlela ecacisayo. — فَٱلْفَٰرِقَٰتِ فَرْقًا ﴿٤﴾
5. Kanjalo nezethuli zemiyalelo; — فَٱلْمُلْقِيَٰتِ ذِكْرًا ﴿٥﴾
6. Ukufakazisa noma ukwexwayisa. — عُذْرًا أَوْ نُذْرًا ﴿٦﴾
7. Nakanjani lokho enikuthenjisiwe kuzokwenzeka. — إِنَّمَا تُوعَدُونَ لَوَٰقِعٌ ﴿٧﴾
8. Lapho izinkanyezi ziyofiphala. — فَإِذَا ٱلنُّجُومُ طُمِسَتْ ﴿٨﴾
9. Nesibhakabhaka siyoqhekeka. — وَإِذَا ٱلسَّمَآءُ فُرِجَتْ ﴿٩﴾
10. Kuthi izintaba zona ziyophushuka. — وَإِذَا ٱلْجِبَالُ نُسِفَتْ ﴿١٠﴾
11. Lapho izithunywa ziyobekelwa isikhathi. — وَإِذَا ٱلرُّسُلُ أُقِّتَتْ ﴿١١﴾
12. Besikade sihlehliselwe luphi usuku na? — لِأَىِّ يَوْمٍ أُجِّلَتْ ﴿١٢﴾
13. USuku lokwaHlulelwa. — لِيَوْمِ ٱلْفَصْلِ ﴿١٣﴾
14. Uthi bewazi ukuthi luyini uSuku lokwaHlulelwa na? — وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا يَوْمُ ٱلْفَصْلِ ﴿١٤﴾
15. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku. — وَيْلٌ يَوْمَئِذٍ لِّلْمُكَذِّبِينَ ﴿١٥﴾

16. Asizange sibabhubhise abasendulo na?
أَلَمْ نُهْلِكِ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٦﴾

17. Saphinde sabalandelisa ngabokugcina.
ثُمَّ نُتْبِعُهُمُ ٱلْآخِرِينَ ﴿١٧﴾

18. Sibenza njalo abayizigilamkhuba.
كَذَٰلِكَ نَفْعَلُ بِٱلْمُجْرِمِينَ ﴿١٨﴾

19. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku.
وَيْلٌ يَوْمَئِذٍ لِّلْمُكَذِّبِينَ ﴿١٩﴾

20. Asizange Sinidale ngoketshezi olungelutho (isidoda).
أَلَمْ نَخْلُقكُّم مِّن مَّآءٍ مَّهِينٍ ﴿٢٠﴾

21. Salugquma endaweni evikelekile (isibeletho).
فَجَعَلْنَٰهُ فِى قَرَارٍ مَّكِينٍ ﴿٢١﴾

22. Isikhathi esaziwayo[1].
إِلَىٰ قَدَرٍ مَّعْلُومٍ ﴿٢٢﴾

23. Sahlela, bheka ngoba singabahleli abanohlonze[2].
فَقَدَرْنَا فَنِعْمَ ٱلْقَٰدِرُونَ ﴿٢٣﴾

24. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku.
وَيْلٌ يَوْمَئِذٍ لِّلْمُكَذِّبِينَ ﴿٢٤﴾

25. Asiwenzanga umhlaba waba isimumathi.
أَلَمْ نَجْعَلِ ٱلْأَرْضَ كِفَاتًا ﴿٢٥﴾

26. Sabaphilayo nabafile;
أَحْيَآءً وَأَمْوَٰتًا ﴿٢٦﴾

27. Safaka kuwo (umhlaba) izikhonkwane (izintaba) ezinkulu futhi Sanipha amanzi amtoti.
وَجَعَلْنَا فِيهَا رَوَٰسِىَ شَٰمِخَٰتٍ وَأَسْقَيْنَٰكُم مَّآءً فُرَاتًا ﴿٢٧﴾

28. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku.
وَيْلٌ يَوْمَئِذٍ لِّلْمُكَذِّبِينَ ﴿٢٨﴾

29. Hambani niye kulokho ebenikuphika[3]!
ٱنطَلِقُوٓاْ إِلَىٰ مَا كُنتُم بِهِۦ تُكَذِّبُونَ ﴿٢٩﴾

1 Izinyanga ezi-6 kuya kwezi -9 zokukhulelwa.

2 Ukuhlela ubulili, isakhiwo nesikhathi sokuzalwa komntwana.

3 NgoSuku lokwaHlulelwa kuyothiwa kulabo abangakholwa mabaye eMlilweni lo ababexwayisa ngawo emhlabeni bawuphika.

30. Hambani niye emthunzini onezigamu ezintathu.

ٱنطَلِقُوٓاْ إِلَىٰ ظِلّٖ ذِي ثَلَٰثِ شُعَبٖ ﴿٣٠﴾

31. Ongenakho ukuphola futhi ongasizi ngalutho elangabini.

لَّا ظَلِيلٖ وَلَا يُغۡنِي مِنَ ٱللَّهَبِ ﴿٣١﴾

32. Nebala ukhafula izinhlansi ongathi izinqolobane.

إِنَّهَا تَرۡمِي بِشَرَرٖ كَٱلۡقَصۡرِ ﴿٣٢﴾

33. Ungathi amakameli ancome.

كَأَنَّهُۥ جِمَٰلَتٞ صُفۡرٞ ﴿٣٣﴾

34. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku.

وَيۡلٞ يَوۡمَئِذٖ لِّلۡمُكَذِّبِينَ ﴿٣٤﴾

35. Lolu uSuku lapho bengezukukhuluma.

هَٰذَا يَوۡمُ لَا يَنطِقُونَ ﴿٣٥﴾

36. Futhi abayikunikwa ithuba lokuncengela.

وَلَا يُؤۡذَنُ لَهُمۡ فَيَعۡتَذِرُونَ ﴿٣٦﴾

37. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku.

وَيۡلٞ يَوۡمَئِذٖ لِّلۡمُكَذِّبِينَ ﴿٣٧﴾

38. Lolu uSuku lokwaHlulelwa; Sinibuthanise nabanandulelayo.

هَٰذَا يَوۡمُ ٱلۡفَصۡلِۖ جَمَعۡنَٰكُمۡ وَٱلۡأَوَّلِينَ ﴿٣٨﴾

39. Uma ninesu (lokuphunyuka), ngizameni ngalo.

فَإِن كَانَ لَكُمۡ كَيۡدٞ فَكِيدُونِ ﴿٣٩﴾

40. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku.

وَيۡلٞ يَوۡمَئِذٖ لِّلۡمُكَذِّبِينَ ﴿٤٠﴾

41. Labo abathobele u Allah bayoba semthunzini nasemithonjeni.

إِنَّ ٱلۡمُتَّقِينَ فِي ظِلَٰلٖ وَعُيُونٖ ﴿٤١﴾

42. Nezithelo abazithandayo.

وَفَوَٰكِهَ مِمَّا يَشۡتَهُونَ ﴿٤٢﴾

43. Dlanini niphuze ngokunethezeka ngenxa yezenzo zenu.

كُلُواْ وَٱشۡرَبُواْ هَنِيٓـَٔۢا بِمَا كُنتُمۡ تَعۡمَلُونَ ﴿٤٣﴾

44. Thina Sibaklomelisa kanjalo abenzi bokuhle.

إِنَّا كَذَٰلِكَ نَجۡزِي ٱلۡمُحۡسِنِينَ ﴿٤٤﴾

45. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku.

وَيۡلٞ يَوۡمَئِذٖ لِّلۡمُكَذِّبِينَ ﴿٤٥﴾

46. Yidlani nincebeleke (emhlabeni) okwesikhashana belu niyiziphulamthetho.

كُلُواْ وَتَمَتَّعُواْ قَلِيلًا إِنَّكُم مُّجۡرِمُونَ ﴿٤٦﴾

47. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku.

وَيۡلٞ يَوۡمَئِذٖ لِّلۡمُكَذِّبِينَ ﴿٤٧﴾

48. Uma kuthiwa kubona: "Khothamani" abakhothami.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمُ ٱرۡكَعُواْ لَا يَرۡكَعُونَ ﴿٤٨﴾

49. Imbubhiso iyoba kubaphiki beqiniso ngalolo Suku.

وَيۡلٞ يَوۡمَئِذٖ لِّلۡمُكَذِّبِينَ ﴿٤٩﴾

50. Iyona yiphi inkulumo emuva kwale (iKurani) abazoyikholwa.

فَبِأَيِّ حَدِيثِۭ بَعۡدَهُۥ يُؤۡمِنُونَ ﴿٥٠﴾

(78) SURA NABA'U
UDABA

سُورَةُ النَّبَإِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ingabe babuza ngani na? عَمَّ يَتَسَآءَلُونَ ﴿١﴾
2. Ngodaba olukhulu, عَنِ ٱلنَّبَإِ ٱلْعَظِيمِ ﴿٢﴾
3. Lolu abaphikisana ngalo. ٱلَّذِى هُمْ فِيهِ مُخْتَلِفُونَ ﴿٣﴾
4. Cha! Bazokwazi baduze nje. كَلَّا سَيَعْلَمُونَ ﴿٤﴾
5. Futhi cha! Bazokwazi maduze nje. ثُمَّ كَلَّا سَيَعْلَمُونَ ﴿٥﴾
6. Asiwenzanga umhlaba waba isindlalelo na? أَلَمْ نَجْعَلِ ٱلْأَرْضَ مِهَٰدًا ﴿٦﴾
7. Nezintaba zaba izikhonkwane, وَٱلْجِبَالَ أَوْتَادًا ﴿٧﴾
8. Sanidala naba izinhlobo ngezinhlobo, وَخَلَقْنَٰكُمْ أَزْوَٰجًا ﴿٨﴾
9. Futhi Senza ubuthongo benu kwaba ukuphumula. وَجَعَلْنَا نَوْمَكُمْ سُبَاتًا ﴿٩﴾
10. Senza nobusuku baba izembatho وَجَعَلْنَا ٱلَّيْلَ لِبَاسًا ﴿١٠﴾
11. Imini yona Sayenza isikhathi sokuphemba impilo. وَجَعَلْنَا ٱلنَّهَارَ مَعَاشًا ﴿١١﴾
12. Futhi Sakha phezu kwenu izakhiwo eziyisikhombisa (amazulu) eziqinile. وَبَنَيْنَا فَوْقَكُمْ سَبْعًا شِدَادًا ﴿١٢﴾
13. Sadala futhi isibani esivuthayo. وَجَعَلْنَا سِرَاجًا وَهَّاجًا ﴿١٣﴾
14. Sanehlisela emafini amanzi agelezayo. وَأَنزَلْنَا مِنَ ٱلْمُعْصِرَٰتِ مَآءً ثَجَّاجًا ﴿١٤﴾

15. Ukuze Sikhiqize ngawo imbewu nezitshalo.
لِّنُخۡرِجَ بِهِۦ حَبّٗا وَنَبَاتٗا ١٥

16. Nezivande eziminyene.
وَجَنَّٰتٍ أَلۡفَافًا ١٦

17. Nebala, uSuku lokwaHlulelwa lunesikhathi esibekiwe.
إِنَّ يَوۡمَ ٱلۡفَصۡلِ كَانَ مِيقَٰتًا ١٧

18. Usuku lapho liyoshaywa icilongo, nize ngezinqumbi.
يَوۡمَ يُنفَخُ فِي ٱلصُّورِ فَتَأۡتُونَ أَفۡوَاجٗا ١٨

19. Kuthi nesibhakabhaka sivuleke kube namasango.
وَفُتِحَتِ ٱلسَّمَآءُ فَكَانَتۡ أَبۡوَٰبٗا ١٩

20. Izintaba zona ziphephulwe zibe utalagu.
وَسُيِّرَتِ ٱلۡجِبَالُ فَكَانَتۡ سَرَابًا ٢٠

21. Nebala iJahanamu iyobe iqaphile;
إِنَّ جَهَنَّمَ كَانَتۡ مِرۡصَادٗا ٢١

22. Yilapho izephulamthetho ziyophelele khona.
لِّلطَّٰغِينَ مَـَٔابٗا ٢٢

23. Ziyobhadla kuyo iminyanka.
لَّٰبِثِينَ فِيهَآ أَحۡقَابٗا ٢٣

24. Abayikuthola kuyo ukuphola noma isiphuzo.
لَّا يَذُوقُونَ فِيهَا بَرۡدٗا وَلَا شَرَابًا ٢٤

25. Ngaphandleke nje kwamanzi abilayo noma izinsila.
إِلَّا حَمِيمٗا وَغَسَّاقٗا ٢٥

26. Isijeziso esifanele.
جَزَآءٗ وِفَاقًا ٢٦

27. Empeleni babengakholelwa ukwaHlulelwa.
إِنَّهُمۡ كَانُواْ لَا يَرۡجُونَ حِسَابٗا ٢٧

28. Baphika imibiko Zethu bukhoma.
وَكَذَّبُواْ بِـَٔايَٰتِنَا كِذَّابٗا ٢٨

29. Kantike yonke into Siyiqophe phansi ngombhalo.
وَكُلَّ شَيۡءٍ أَحۡصَيۡنَٰهُ كِتَٰبٗا ٢٩

30. Ngakhoke izwani, ngoba asizukunandisela ngaphandle kwesijeziso.
فَذُوقُواْ فَلَن نَّزِيدَكُمۡ إِلَّا عَذَابًا ٣٠

إِنَّ لِلْمُتَّقِينَ مَفَازًا ﴿٣١﴾

31. Labo abathobela u Allah bayothola impumelelo.

حَدَآئِقَ وَأَعْنَـٰبًا ﴿٣٢﴾

32. Izivande nemivini.

وَكَوَاعِبَ أَتْرَابًا ﴿٣٣﴾

33. Namatshitshi angontanga.

وَكَأْسًا دِهَاقًا ﴿٣٤﴾

34. Nesiphuzo esigcwele.

لَّا يَسْمَعُونَ فِيهَا لَغْوًا وَلَا كِذَّٰبًا ﴿٣٥﴾

35. Abayikuzwa kuzo (izivande) umbhedo noma amanga.

جَزَآءً مِّن رَّبِّكَ عَطَآءً حِسَابًا ﴿٣٦﴾

36. Umvuzo ovela eNkosini yakho nesipho esibaliwe.

رَّبِّ ٱلسَّمَـٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا ٱلرَّحْمَـٰنِ ۖ لَا يَمْلِكُونَ مِنْهُ خِطَابًا ﴿٣٧﴾

37. INkosi yamazulu nomhlaba nokungaphakathi kwawo, Onomusa; akekho onegunya lokukhuluma naYe.

يَوْمَ يَقُومُ ٱلرُّوحُ وَٱلْمَلَـٰٓئِكَةُ صَفًّا ۖ لَّا يَتَكَلَّمُونَ إِلَّا مَنْ أَذِنَ لَهُ ٱلرَّحْمَـٰنُ وَقَالَ صَوَابًا ﴿٣٨﴾

38. NgoSuku lapho *uRuhu* nezingelosi bayoma emigqeni; akekho oyokhuluma ngaphandle kwalowo ogunyazwe Onomusa futhi akhulume okuyikona.

ذَٰلِكَ ٱلْيَوْمُ ٱلْحَقُّ ۖ فَمَن شَآءَ ٱتَّخَذَ إِلَىٰ رَبِّهِۦ مَـَٔابًا ﴿٣٩﴾

39. Kuyobe kuwuSuku lweQiniso lolo, ngakhoke makazilungiselele ukubuyela eNkosini yakhe lowo othandayo.

إِنَّآ أَنذَرْنَـٰكُمْ عَذَابًا قَرِيبًا يَوْمَ يَنظُرُ ٱلْمَرْءُ مَا قَدَّمَتْ يَدَاهُ وَيَقُولُ ٱلْكَافِرُ يَـٰلَيْتَنِى كُنتُ تُرَٰبًا ﴿٤٠﴾

40. Nebala, Thina sinixwayisile ngesijeziso esiseduze, ngosuku lapho umuntu eyobona izenzo zakhe kuthi lowo obengakholwa athi: "Maye, ngifisa ukube ngabe ngiwuthuli."

(79) SURA NAZI'ATI ABAHLWYITHI

سُورَةُ النَّازِعَاتِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngalabo abahlwitha ngendluzula,
2. Nangalabo abahlwitha ngesineke.
3. Nangalabo abandiza ngokutshuza.
4. Kanye nalabo abaphuthuma ngokuncintisana.
5. Nalabo abahlela izinto[1].
6. Ngosuku lwesikhati sokuzamazama[2].
7. Esiyolandelwa esilandelayo[3].
8. Izinhliziyo ngaloloSuku ziyobe zigcwele ingebhe.
9. Amehlo ayokhophozela.
10. Kepha basathi: "Ingabe ngempela siyobuyiselwa esimeni sasekuqaleni (sempilo)"

وَٱلنَّٰزِعَٰتِ غَرْقًا ﴿١﴾
وَٱلنَّٰشِطَٰتِ نَشْطًا ﴿٢﴾
وَٱلسَّٰبِحَٰتِ سَبْحًا ﴿٣﴾
فَٱلسَّٰبِقَٰتِ سَبْقًا ﴿٤﴾
فَٱلْمُدَبِّرَٰتِ أَمْرًا ﴿٥﴾
يَوْمَ تَرْجُفُ ٱلرَّاجِفَةُ ﴿٦﴾
تَتْبَعُهَا ٱلرَّادِفَةُ ﴿٧﴾
قُلُوبٌ يَوْمَئِذٍ وَاجِفَةٌ ﴿٨﴾
أَبْصَٰرُهَا خَٰشِعَةٌ ﴿٩﴾
يَقُولُونَ أَءِنَّا لَمَرْدُودُونَ فِى ٱلْحَافِرَةِ ﴿١٠﴾

1 1-5, u Allah ufunga ngezingelosi zaKhe ezithatha imiphefumulo yabangakholwa ngendluzula, neyabakholwayo ngesineke nezinye ngokuhlukana kwemisebenzi yazo. U Allah njengoMdali ufunga nangoba ayithanda endalweni yaKhe. Kepha indalo ayinalo igunya lokufunga ngaphandle kuka Allah umdali wabo. Ukufunga ngokunye ngaphandle kuka Allah kuwukwenza i Shiriki (ukubhanqa u Allah nendalo yaKhe) okuyimpambuko enkulu kunazo zonke.

2 Emva kokushaywa kwecilongo okokuqala.

3 Ukushaywa kwecilongo okwesibili.

11. Kade saba amathambo abolile na?
أَءِذَا كُنَّا عِظَٰمًا نَّخِرَةً ﴿١١﴾

12. Bathi: "Lokho, kuyoba ukubuyela okungenamsebenzi".
قَالُوا۟ تِلْكَ إِذًا كَرَّةٌ خَاسِرَةٌ ﴿١٢﴾

13. Empeleni kuyoba ukushaywa okukodwa (kwecilongo).
فَإِنَّمَا هِىَ زَجْرَةٌ وَٰحِدَةٌ ﴿١٣﴾

14. Bayoba eshashalazini.
فَإِذَا هُم بِٱلسَّاهِرَةِ ﴿١٤﴾

15. Ingabe ifikile kuwe indaba kaMusa na?
هَلْ أَتَىٰكَ حَدِيثُ مُوسَىٰٓ ﴿١٥﴾

16. Mhla iNkosi yakhe immemeza endaweni engcwele eTuwa.
إِذْ نَادَىٰهُ رَبُّهُۥ بِٱلْوَادِ ٱلْمُقَدَّسِ طُوًى ﴿١٦﴾

17. (Yathi): "Hamba uye kuFiriwoni ngokuba ngempela uphambukile ngokwendlulele".
ٱذْهَبْ إِلَىٰ فِرْعَوْنَ إِنَّهُۥ طَغَىٰ ﴿١٧﴾

18. Ufike uthi: "Ingabe uyafuna ukuzihlambulula na?"
فَقُلْ هَل لَّكَ إِلَىٰٓ أَن تَزَكَّىٰ ﴿١٨﴾

19. "Ngizokuholela eNkosini yakho ukuze uzithobe"
وَأَهْدِيَكَ إِلَىٰ رَبِّكَ فَتَخْشَىٰ ﴿١٩﴾

20. Wamutshengisa isibonakaliso esikhulu.
فَأَرَىٰهُ ٱلْءَايَةَ ٱلْكُبْرَىٰ ﴿٢٠﴾

21. Kepha waphika iqiniso wangalalela.
فَكَذَّبَ وَعَصَىٰ ﴿٢١﴾

22. Wakushaya indiva waphikelela.
ثُمَّ أَدْبَرَ يَسْعَىٰ ﴿٢٢﴾

23. Wabiza umbuthano wamemezela.
فَحَشَرَ فَنَادَىٰ ﴿٢٣﴾

24. Wathi: "Yimina iNkosi yenu Ephezulu!"
فَقَالَ أَنَا۠ رَبُّكُمُ ٱلْأَعْلَىٰ ﴿٢٤﴾

25. Kepha u Allah wamujezisa isijeziso sokuqala nesokugcina.
فَأَخَذَهُ ٱللَّهُ نَكَالَ ٱلْءَاخِرَةِ وَٱلْأُولَىٰٓ ﴿٢٥﴾

26. Kulokho kunesifundo kulowo ozithobayo.

إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَعِبْرَةً لِّمَن يَخْشَىٰٓ ﴿٢٦﴾

27. Ingabe yinina okunzima ukunidala noma isibhakabhaka asidala.

ءَأَنتُمْ أَشَدُّ خَلْقًا أَمِ ٱلسَّمَآءُ ۚ بَنَىٰهَا ﴿٢٧﴾

28. Waphakamisa isakhiwo saso ngokulingana.

رَفَعَ سَمْكَهَا فَسَوَّىٰهَا ﴿٢٨﴾

29. Wagqungqisa ubusuku baso wagqamisa imini yaso.

وَأَغْطَشَ لَيْلَهَا وَأَخْرَجَ ضُحَىٰهَا ﴿٢٩﴾

30. Phezu kwalokho wendlala umhlaba.

وَٱلْأَرْضَ بَعْدَ ذَٰلِكَ دَحَىٰهَآ ﴿٣٠﴾

31. Wakhiqhiza kuwo amanzi awo namandlelo awo.

أَخْرَجَ مِنْهَا مَآءَهَا وَمَرْعَىٰهَا ﴿٣١﴾

32. Wabethela izintaba.

وَٱلْجِبَالَ أَرْسَىٰهَا ﴿٣٢﴾

33. Ukusiza nina nemfuyo yenu.

مَتَٰعًا لَّكُمْ وَلِأَنْعَٰمِكُمْ ﴿٣٣﴾

34. Mhla kufika isehlakalo esikhulu.

فَإِذَا جَآءَتِ ٱلطَّآمَّةُ ٱلْكُبْرَىٰ ﴿٣٤﴾

35. Ngosuku lapho wonke umuntu uyokhumbula akwenza.

يَوْمَ يَتَذَكَّرُ ٱلْإِنسَٰنُ مَا سَعَىٰ ﴿٣٥﴾

36. Kuthi uMlilo ubekwe obala kubabonayo.

وَبُرِّزَتِ ٱلْجَحِيمُ لِمَن يَرَىٰ ﴿٣٦﴾

37. Lowoke ophule imithethe.

فَأَمَّا مَن طَغَىٰ ﴿٣٧﴾

38. Waqoma impilo yomhlaba.

وَءَاثَرَ ٱلْحَيَوٰةَ ٱلدُّنْيَا ﴿٣٨﴾

39. Uyophelele eMlilweni.

فَإِنَّ ٱلْجَحِيمَ هِىَ ٱلْمَأْوَىٰ ﴿٣٩﴾

40. Kantike lowo owasaba mhla ezoma phambi kweNkosi yakhe, wazithiba ezinkanukwenu eziphambukile.

وَأَمَّا مَنْ خَافَ مَقَامَ رَبِّهِۦ وَنَهَى ٱلنَّفْسَ عَنِ ٱلْهَوَىٰ ﴿٤٠﴾

فَإِنَّ ٱلْجَنَّةَ هِىَ ٱلْمَأْوَىٰ ﴿٤١﴾

41. Nebala iJana kuyoba yiyona isiphetho.

يَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلسَّاعَةِ أَيَّانَ مُرْسَىٰهَا ﴿٤٢﴾

42. Bayakubuza ngeSikhathi ukuthi siyofika nini na?

فِيمَ أَنتَ مِن ذِكْرَىٰهَآ ﴿٤٣﴾

43. Wena usazelaphi na?

إِلَىٰ رَبِّكَ مُنتَهَىٰهَآ ﴿٤٤﴾

44. Saziwa iNkosi yakho kuphela.

إِنَّمَآ أَنتَ مُنذِرُ مَن يَخْشَىٰهَا ﴿٤٥﴾

45. Wena nje, wexwayisa lowo osisabayo.

كَأَنَّهُمْ يَوْمَ يَرَوْنَهَا لَمْ يَلْبَثُوٓاْ إِلَّا عَشِيَّةً أَوْ ضُحَىٰهَا ﴿٤٦﴾

46. Ngosuku lapho besibona (iSikhathi) kuyoba ngathi baphile isigamu sosuku noma ingxenye yaso.

(80) SURA ABASA
WAHWAQA

سُورَةُ عَبَسَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Wahwaqa wa fulathela.
عَبَسَ وَتَوَلَّىٰٓ ١

2. Lapho kufika kuye impumputhe.
أَن جَآءَهُ ٱلْأَعْمَىٰ ٢

3. Futhi ubungeke wazi, mhlawumbe uzophenduka.
وَمَا يُدْرِيكَ لَعَلَّهُۥ يَزَّكَّىٰٓ ٣

4. Noma akhumbuzeke imsize nenkumbuzo.
أَوْ يَذَّكَّرُ فَتَنفَعَهُ ٱلذِّكْرَىٰٓ ٤

5. Kepha lowo ozigqajayo.
أَمَّا مَنِ ٱسْتَغْنَىٰ ٥

6. Uzisondeza kuye.
فَأَنتَ لَهُۥ تَصَدَّىٰ ٦

7. Kungecala lakho uma engaphenduki.
وَمَا عَلَيْكَ أَلَّا يَزَّكَّىٰ ٧

8. Kepha lowo oza kuwe egijima.
وَأَمَّا مَن جَآءَكَ يَسْعَىٰ ٨

9. Enokuzithoba (ku Allah).
وَهُوَ يَخْشَىٰ ٩

10. Uyaziqhelelanisa naye.
فَأَنتَ عَنْهُ تَلَهَّىٰ ١٠

11. Cha! Yisikhumbuzo nje.
كَلَّآ إِنَّهَا تَذْكِرَةٌ ١١

12. Ngakhoke othandayo uzoyilalela (iKurani).
فَمَن شَآءَ ذَكَرَهُۥ ١٢

13. Ebisemibhalweni ehloniphekile.
فِى صُحُفٍ مُّكَرَّمَةٍ ١٣

14. Ephakeme ehlanzekile.
مَّرْفُوعَةٍ مُّطَهَّرَةٍ ١٤

15. Ezandleni zeZithunywa (izingelosi zezambulo).
بِأَيْدِى سَفَرَةٍ ﴿١٥﴾

16. Eziqotho ezilungile.
كِرَامٍ بَرَرَةٍ ﴿١٦﴾

17. Umuntu (ongakholwa) uqalekisiwe, ave engakholwa!
قُتِلَ ٱلْإِنسَٰنُ مَآ أَكْفَرَهُۥ ﴿١٧﴾

18. Umdale ngani na?
مِنْ أَىِّ شَىْءٍ خَلَقَهُۥ ﴿١٨﴾

19. Umdale ngesidoda wambumba.
مِن نُّطْفَةٍ خَلَقَهُۥ فَقَدَّرَهُۥ ﴿١٩﴾

20. Wamenzela indlela yalula.
ثُمَّ ٱلسَّبِيلَ يَسَّرَهُۥ ﴿٢٠﴾

21. Wamenza wafa wamenzela nendawo yokungcwatshwa.
ثُمَّ أَمَاتَهُۥ فَأَقْبَرَهُۥ ﴿٢١﴾

22. Futhi lapho ethanda uyomvusa.
ثُمَّ إِذَا شَآءَ أَنشَرَهُۥ ﴿٢٢﴾

23. Qha! Kepha akakugcinanga ayalelwe kona.
كَلَّا لَمَّا يَقْضِ مَآ أَمَرَهُۥ ﴿٢٣﴾

24. Ake umuntu abheke ukudla kwakhe,
فَلْيَنظُرِ ٱلْإِنسَٰنُ إِلَىٰ طَعَامِهِۦٓ ﴿٢٤﴾

25. Sehlisele amanzi ngenala
أَنَّا صَبَبْنَا ٱلْمَآءَ صَبًّا ﴿٢٥﴾

26. Sase siqhekeza umhlaba wavuleka.
ثُمَّ شَقَقْنَا ٱلْأَرْضَ شَقًّا ﴿٢٦﴾

27. Sakhiqiza kuwo (umhlaba) imbewu,
فَأَنۢبَتْنَا فِيهَا حَبًّا ﴿٢٧﴾

28. Nemivini nokudla kwemfuyo,
وَعِنَبًا وَقَضْبًا ﴿٢٨﴾

29. Nezayituni namasundu.
وَزَيْتُونًا وَنَخْلًا ﴿٢٩﴾

30. Nezivande ezinezihlahla eziningi.
وَحَدَآئِقَ غُلْبًا ﴿٣٠﴾

31. Nezithelo notshani.
وَفَٰكِهَةً وَأَبًّا ﴿٣١﴾

32. Ukusiza nina nemfuyo yenu.

مَّتَٰعًا لَّكُمْ وَلِأَنْعَٰمِكُمْ ﴿٣٢﴾

33. Mhla kufika umsindo ohlabayo (wecilongo).

فَإِذَا جَآءَتِ ٱلصَّآخَّةُ ﴿٣٣﴾

34. Ngalolo Suku wonke umuntu uyobalekela umnewabo.

يَوْمَ يَفِرُّ ٱلْمَرْءُ مِنْ أَخِيهِ ﴿٣٤﴾

35. Nonina nonise.

وَأُمِّهِۦ وَأَبِيهِ ﴿٣٥﴾

36. Nomkakhe nezingane zakhe.

وَصَٰحِبَتِهِۦ وَبَنِيهِ ﴿٣٦﴾

37. Ngokuba ngalolosuku wonke umuntu uyobe ekhungethekile.

لِكُلِّ ٱمْرِئٍ مِّنْهُمْ يَوْمَئِذٍ شَأْنٌ يُغْنِيهِ ﴿٣٧﴾

38. Ubuso ngalolo suku buyobe buchichima,

وُجُوهٌ يَوْمَئِذٍ مُّسْفِرَةٌ ﴿٣٨﴾

39. Buhleka bumamatheka.

ضَاحِكَةٌ مُّسْتَبْشِرَةٌ ﴿٣٩﴾

40. Kanti obunye ubuso buyobe bumbozwe uthuli.

وَوُجُوهٌ يَوْمَئِذٍ عَلَيْهَا غَبَرَةٌ ﴿٤٠﴾

41. Buthelwe ngehlazo.

تَرْهَقُهَا قَتَرَةٌ ﴿٤١﴾

42. Yiboke labo abayizigilamkhuba ezingakholwa.

أُوْلَٰٓئِكَ هُمُ ٱلْكَفَرَةُ ٱلْفَجَرَةُ ﴿٤٢﴾

(81) SURA TAKWIRI
UKUFIPHALA

سُورَةُ التَّكۡوِيرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Mhla ilanga lifiphala;
إِذَا ٱلشَّمۡسُ كُوِّرَتۡ ﴿١﴾
2. Nezinkanyezi ziqathake;
وَإِذَا ٱلنُّجُومُ ٱنكَدَرَتۡ ﴿٢﴾
3. Izintaba zinyomulwa;
وَإِذَا ٱلۡجِبَالُ سُيِّرَتۡ ﴿٣﴾
4. Amakameli amithi anganakwa;
وَإِذَا ٱلۡعِشَارُ عُطِّلَتۡ ﴿٤﴾
5. Izilwane zasendle zibuthaniswa;
وَإِذَا ٱلۡوُحُوشُ حُشِرَتۡ ﴿٥﴾
6. Ulwandle lokhelwa;
وَإِذَا ٱلۡبِحَارُ سُجِّرَتۡ ﴿٦﴾
7. Imiphefumulo [abantu] iyobuthaniswa ngononina;
وَإِذَا ٱلنُّفُوسُ زُوِّجَتۡ ﴿٧﴾
8. Nentombazane eyangcwatshwa iphila ibuzwa [ukuthi],
وَإِذَا ٱلۡمَوۡءُۥدَةُ سُئِلَتۡ ﴿٨﴾
9. Wabulawela liphi icala;
بِأَيِّ ذَنۢبٖ قُتِلَتۡ ﴿٩﴾
10. Imiqulu isatshalaliswa;
وَإِذَا ٱلصُّحُفُ نُشِرَتۡ ﴿١٠﴾
11. Isibhakabhaka sisuswa;
وَإِذَا ٱلسَّمَآءُ كُشِطَتۡ ﴿١١﴾
12. Isihogo sivuthiswa ubuhanguhangu;
وَإِذَا ٱلۡجَحِيمُ سُعِّرَتۡ ﴿١٢﴾
13. IJana isondezwa,
وَإِذَا ٱلۡجَنَّةُ أُزۡلِفَتۡ ﴿١٣﴾
14. Wonke umuntu uyokwazi akwenzile.
عَلِمَتۡ نَفۡسٞ مَّآ أَحۡضَرَتۡ ﴿١٤﴾
15. Akengifunge ngezinkanyezi ezifiphalayo,
فَلَآ أُقۡسِمُ بِٱلۡخُنَّسِ ﴿١٥﴾

16. Ezigijimayo ezishanelayo.
ٱلْجَوَارِ ٱلْكُنَّسِ ﴿١٦﴾

17. Nangobusuku uma memboza,
وَٱلَّيْلِ إِذَا عَسْعَسَ ﴿١٧﴾

18. Nangokusa uma buqhakaza;
وَٱلصُّبْحِ إِذَا تَنَفَّسَ ﴿١٨﴾

19. Nebala [iKurani] ingamazwi eSithunywa eSihloniphekile [*uJibhirili*].
إِنَّهُۥ لَقَوْلُ رَسُولٍ كَرِيمٍ ﴿١٩﴾

20. Esinamandla, esisezingeni eliphezulu kuMnini weSihlalo [u Allah].
ذِى قُوَّةٍ عِندَ ذِى ٱلْعَرْشِ مَكِينٍ ﴿٢٠﴾

21. Siyahlonishwa belu sithembekile.
مُّطَاعٍ ثَمَّ أَمِينٍ ﴿٢١﴾

22. Umuntu wenu [*uMuhamadi*] akahlanyi,
وَمَا صَاحِبُكُم بِمَجْنُونٍ ﴿٢٢﴾

23. Bheka ngoba wasibona [iSithunywa u*Jibhirili*] okwalweni olubanzi.
وَلَقَدْ رَءَاهُ بِٱلْأُفُقِ ٱلْمُبِينِ ﴿٢٣﴾

24. Futhi akafihli lutho kokungabonwa.
وَمَا هُوَ عَلَى ٱلْغَيْبِ بِضَنِينٍ ﴿٢٤﴾

25. Futhi akusiwona amazwi ka*Shayitani* oqalekisiwe.
وَمَا هُوَ بِقَوْلِ شَيْطَٰنٍ رَّجِيمٍ ﴿٢٥﴾

26. Ngakhoke niyaphi na?
فَأَيْنَ تَذْهَبُونَ ﴿٢٦﴾

27. Bheka ngoba iyiSikhumbuzo nje ezizweni zonke.
إِنْ هُوَ إِلَّا ذِكْرٌ لِّلْعَٰلَمِينَ ﴿٢٧﴾

28. Kulowo kini olangezelela ukuba qotho.
لِمَن شَآءَ مِنكُمْ أَن يَسْتَقِيمَ ﴿٢٨﴾

29. Futhi angeke nafisa ngaphandle kwentando ka Allah iNkosi yezizwe zonke.
وَمَا تَشَآءُونَ إِلَّآ أَن يَشَآءَ ٱللَّهُ رَبُّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٢٩﴾

(82) SURA INFITARI
UKUQHEKEKA

سُورَةُ الانفِطَارِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Mhla isibhakabhaka siqhekeka;
إِذَا ٱلسَّمَآءُ ٱنفَطَرَتْ ﴿١﴾

2. Nezinkanyezi ziqathaka,
وَإِذَا ٱلْكَوَاكِبُ ٱنتَثَرَتْ ﴿٢﴾

3. Nolwandle lugeleziswa;
وَإِذَا ٱلْبِحَارُ فُجِّرَتْ ﴿٣﴾

4. Namathuna avundululwa;
وَإِذَا ٱلْقُبُورُ بُعْثِرَتْ ﴿٤﴾

5. Umuntu uyokwazi lokho akwenzile nobekuyinkambiso yakhe.
عَلِمَتْ نَفْسٌ مَّا قَدَّمَتْ وَأَخَّرَتْ ﴿٥﴾

6. Wena muntu [ongakholwa]! Yini ekudukisile ngeNkosi yakho eHloniphekile na?
يَٰٓأَيُّهَا ٱلْإِنسَٰنُ مَا غَرَّكَ بِرَبِّكَ ٱلْكَرِيمِ ﴿٦﴾

7. Lena ekudalile yakubumba ngokulingana.
ٱلَّذِى خَلَقَكَ فَسَوَّىٰكَ فَعَدَلَكَ ﴿٧﴾

8. Nakuba abengakudala ube yinoma yiphi into ayifunayo.
فِىٓ أَىِّ صُورَةٍ مَّا شَآءَ رَكَّبَكَ ﴿٨﴾

9. Phinde! Empeleni niphika uKwehlulelwa.
كَلَّا بَلْ تُكَذِّبُونَ بِٱلدِّينِ ﴿٩﴾

10. Futhi nisingathwe izingqaphi,
وَإِنَّ عَلَيْكُمْ لَحَٰفِظِينَ ﴿١٠﴾

11. Ezingabaqophi abaqotho;
كِرَامًا كَٰتِبِينَ ﴿١١﴾

12. Zikwazi konke enikwenzayo.
يَعْلَمُونَ مَا تَفْعَلُونَ ﴿١٢﴾

13. Labo abaqotho abenza okuhle bayongena entokomalweni.

إِنَّ ٱلْأَبْرَارَ لَفِى نَعِيمٍ ﴿١٣﴾

14. Kuthi izephulamthetho zona zingene eMlilweni.

وَإِنَّ ٱلْفُجَّارَ لَفِى جَحِيمٍ ﴿١٤﴾

15. Ziyongena kuwo ngoSuku loKwahlulelwa.

يَصْلَوْنَهَا يَوْمَ ٱلدِّينِ ﴿١٥﴾

16. Futhi abasoze baphuma kuwo.

وَمَا هُمْ عَنْهَا بِغَآئِبِينَ ﴿١٦﴾

17. Uthi uyazi nje ukuthi luyini uSuku lokwaHlulela na?

وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا يَوْمُ ٱلدِّينِ ﴿١٧﴾

18. Uthi ngempela uyazi ukuthi luyini uSuku lokwaHlulelwa na?

ثُمَّ مَآ أَدْرَىٰكَ مَا يَوْمُ ٱلدِّينِ ﴿١٨﴾

19. Usuku lapho umuntu engezukusiza omunye ngalutho; futhi yonke into ngaloloSuku iyobe iphethwe ngu Allah.

يَوْمَ لَا تَمْلِكُ نَفْسٌ لِّنَفْسٍ شَيْـًٔا ۖ وَٱلْأَمْرُ يَوْمَئِذٍ لِّلَّهِ ﴿١٩﴾

(83) SURA MUTWAFIFINA AMAQILI

سُورَةُ ٱلْمُطَفِّفِينَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Imbubhiso kumaqili.

وَيْلٌ لِّلْمُطَفِّفِينَ ﴿١﴾

2. Labo uma bekala ebantwini bafuna isikali esigcwele.

ٱلَّذِينَ إِذَا ٱكْتَالُوا۟ عَلَى ٱلنَّاسِ يَسْتَوْفُونَ ﴿٢﴾

3. Kepha uma kuyibona abakalelayo bayabaqola.

وَإِذَا كَالُوهُمْ أَو وَّزَنُوهُمْ يُخْسِرُونَ ﴿٣﴾

4. Ingabe labo abazi yini ukuthi bayovuswa na?

أَلَا يَظُنُّ أُو۟لَٰٓئِكَ أَنَّهُم مَّبْعُوثُونَ ﴿٤﴾

5. NgoSuku olunzima.

لِيَوْمٍ عَظِيمٍ ﴿٥﴾

6. Usuku lapho abantu bayoma phambi kweNkosi yezizwe.

يَوْمَ يَقُومُ ٱلنَّاسُ لِرَبِّ ٱلْعَٰلَمِينَ ﴿٦﴾

7. Nakanjani! Incwadi [yezenzo] yeziphulamthetho ise*Sijini*.

كَلَّآ إِنَّ كِتَٰبَ ٱلْفُجَّارِ لَفِى سِجِّينٍ ﴿٧﴾

8. Uthi bewazi nje ukuthi iyini *iSijini* na?

وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا سِجِّينٌ ﴿٨﴾

9. Iyincwadi elotshiwe.

كِتَٰبٌ مَّرْقُومٌ ﴿٩﴾

10. Imbubhiso iyoba kulabo abaphika iqiniso ngaloloSuku.

وَيْلٌ يَوْمَئِذٍ لِّلْمُكَذِّبِينَ ﴿١٠﴾

11. Labo abaphika uSuku lokwahlulelwa.

ٱلَّذِينَ يُكَذِّبُونَ بِيَوْمِ ٱلدِّينِ ﴿١١﴾

12. Futhi luphikwa kuphela isephulamthetho esiyihlongandleba.

وَمَا يُكَذِّبُ بِهِۦٓ إِلَّا كُلُّ مُعْتَدٍ أَثِيمٍ ﴿١٢﴾

13. Uma efundelwa imibiko yeThu, uthi: "izinganekwane zasendulo lezi".

إِذَا تُتْلَىٰ عَلَيْهِ ءَايَٰتُنَا قَالَ أَسَٰطِيرُ ٱلْأَوَّلِينَ ﴿١٣﴾

14. Qhabo; empeleni izinhliziyo zabo zimbozwe uqweqwe lwezenzo zabo.

كَلَّا ۖ بَلْ ۜ رَانَ عَلَىٰ قُلُوبِهِم مَّا كَانُوا۟ يَكْسِبُونَ ﴿١٤﴾

15. Qha! Bayovinjelwa ukubona iNkosi yabo ngaloloSuku.

كَلَّآ إِنَّهُمْ عَن رَّبِّهِمْ يَوْمَئِذٍ لَّمَحْجُوبُونَ ﴿١٥﴾

16. Bayobe sebengena eMlilweni.

ثُمَّ إِنَّهُمْ لَصَالُوا۟ ٱلْجَحِيمِ ﴿١٦﴾

17. Kuyobe sekuthiwa [kubo]: "Yikona ke lokhu ebenikuphika!".

ثُمَّ يُقَالُ هَٰذَا ٱلَّذِى كُنتُم بِهِۦ تُكَذِّبُونَ ﴿١٧﴾

18. Phinde! Nebala incwadi yabaqotho *ise-iLiyini*.

كَلَّآ إِنَّ كِتَٰبَ ٱلْأَبْرَارِ لَفِى عِلِّيِّينَ ﴿١٨﴾

19. Uthi bewazi nje ukuthi iyini *i-iLiyini* na?

وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا عِلِّيُّونَ ﴿١٩﴾

20. Iyincwadi elotshiwe.

كِتَٰبٌ مَّرْقُومٌ ﴿٢٠﴾

21. Ebonwa yilabo abasondele [ku Allah].

يَشْهَدُهُ ٱلْمُقَرَّبُونَ ﴿٢١﴾

22. Labo abaqotho abenza okuhle bayongena entokomalweni.

إِنَّ ٱلْأَبْرَارَ لَفِى نَعِيمٍ ﴿٢٢﴾

23. Bahlale emibhedeni bebuka.

عَلَى ٱلْأَرَآئِكِ يَنظُرُونَ ﴿٢٣﴾

24. Ubona ngokuncincima kwentokomalo ebusweni babo.

تَعْرِفُ فِى وُجُوهِهِمْ نَضْرَةَ ٱلنَّعِيمِ ﴿٢٤﴾

25. Bayophuziswa esiphuzweni ebesimboziwe;

يُسْقَوْنَ مِن رَّحِيقٍ مَّخْتُومٍ ﴿٢٥﴾

26. Esiqedelelwe ngeMisiki; yikonake lokho okumele bancintisanele kukho abancintisanayo.

خِتَـٰمُهُۥ مِسْكٌ ۚ وَفِى ذَٰلِكَ فَلْيَتَنَافَسِ ٱلْمُتَنَـٰفِسُونَ ﴿٢٦﴾

27. Sithakwe [ngamanzi] *eTasinimi*.

وَمِزَاجُهُۥ مِن تَسْنِيمٍ ﴿٢٧﴾

28. Umthombo ophuza labo abasondele.

عَيْنًا يَشْرَبُ بِهَا ٱلْمُقَرَّبُونَ ﴿٢٨﴾

29. Labo abayizephulamthetho babekade behleka labo abakholwayo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ أَجْرَمُوا۟ كَانُوا۟ مِنَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ يَضْحَكُونَ ﴿٢٩﴾

30. Uma bebebandlula babakloledele.

وَإِذَا مَرُّوا۟ بِهِمْ يَتَغَامَزُونَ ﴿٣٠﴾

31. Uma [abangakholwa] bebuyela emizini yabo, babuyela bethakasile.

وَإِذَا ٱنقَلَبُوٓا۟ إِلَىٰٓ أَهْلِهِمُ ٱنقَلَبُوا۟ فَكِهِينَ ﴿٣١﴾

32. Uma [abangakholwa] bebabona [abakholwayo] bathi: "Laba balahlekile".

وَإِذَا رَأَوْهُمْ قَالُوٓا۟ إِنَّ هَـٰٓؤُلَآءِ لَضَآلُّونَ ﴿٣٢﴾

33. Nakuba bengathunyelwanga [abangakholwa] ukubaqapha [abakholwayo].

وَمَآ أُرْسِلُوا۟ عَلَيْهِمْ حَـٰفِظِينَ ﴿٣٣﴾

34. Kepha namhlanje, abakholwayo bahleka abangakholwa.

فَٱلْيَوْمَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ مِنَ ٱلْكُفَّارِ يَضْحَكُونَ ﴿٣٤﴾

35. Lapho behlezi emibhedeni bebuka.

عَلَى ٱلْأَرَآئِكِ يَنظُرُونَ ﴿٣٥﴾

36. Ingabe abangakholwa bawutholile yini umvuzo ofanele imisebenzi yabo na?

هَلْ ثُوِّبَ ٱلْكُفَّارُ مَا كَانُوا۟ يَفْعَلُونَ ﴿٣٦﴾

(84) SURA INSHIKAKI
UQHEKEKO

سُورَةُ الانشِقَاقِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Mhla isibhakabhaka siqhekeka!
إِذَا ٱلسَّمَآءُ ٱنشَقَّتْ ﴿١﴾

2. Siyothobela iNkosi yaso, sibe sifanele.
وَأَذِنَتْ لِرَبِّهَا وَحُقَّتْ ﴿٢﴾

3. Namhla umhlaba wenetshwa undlalwe.
وَإِذَا ٱلْأَرْضُ مُدَّتْ ﴿٣﴾

4. Ukhafule okusemathunjini awo ukushiye kanjalo.
وَأَلْقَتْ مَا فِيهَا وَتَخَلَّتْ ﴿٤﴾

5. Uyothobela iNkosi yawo, ube ufanele.
وَأَذِنَتْ لِرَبِّهَا وَحُقَّتْ ﴿٥﴾

6. Muntu! Nebala ulibangise eNkosini yakho, nakanjani uyoyifumanisa.
يَٰٓأَيُّهَا ٱلْإِنسَٰنُ إِنَّكَ كَادِحٌ إِلَىٰ رَبِّكَ كَدْحًا فَمُلَٰقِيهِ ﴿٦﴾

7. Lowo oyinikwa incwadi yakhe ngesokudla,
فَأَمَّا مَنْ أُوتِيَ كِتَٰبَهُۥ بِيَمِينِهِۦ ﴿٧﴾

8. Uyokwahlulelwa kalula.
فَسَوْفَ يُحَاسَبُ حِسَابًا يَسِيرًا ﴿٨﴾

9. Aye emndenini wakhe ethakasile.
وَيَنقَلِبُ إِلَىٰٓ أَهْلِهِۦ مَسْرُورًا ﴿٩﴾

10. Kepha lowo oyonikwa incwadi yakhe emuva komhlane wakhe,
وَأَمَّا مَنْ أُوتِيَ كِتَٰبَهُۥ وَرَآءَ ظَهْرِهِۦ ﴿١٠﴾

11. Uyomemeza [elangazelela] imbubhiso.
فَسَوْفَ يَدْعُوا۟ ثُبُورًا ﴿١١﴾

12. Bese eyongena eMlilweni.
وَيَصْلَىٰ سَعِيرًا ﴿١٢﴾

13. Bheka ngoba wayekade enethezekile nomndeni wakhe.

إِنَّهُۥ كَانَ فِىٓ أَهْلِهِۦ مَسْرُورًا ﴿١٣﴾

14. Ubecabanga ukuthi akasoze abuyela [ku Allah].

إِنَّهُۥ ظَنَّ أَن لَّن يَحُورَ ﴿١٤﴾

15. Phinde! iNkosi yakhe ibilokhu Imbhekile.

بَلَىٰٓ إِنَّ رَبَّهُۥ كَانَ بِهِۦ بَصِيرًا ﴿١٥﴾

16. Ngakhoke Ngifunga ngemisebe yokushona kwelanga.

فَلَآ أُقْسِمُ بِٱلشَّفَقِ ﴿١٦﴾

17. Nangobusuku nokubuthanayo.

وَٱلَّيْلِ وَمَا وَسَقَ ﴿١٧﴾

18. Nangonyezi uma seluphelele.

وَٱلْقَمَرِ إِذَا ٱتَّسَقَ ﴿١٨﴾

19. Nakanjani niyobhekana nobunzima bulakanyana.

لَتَرْكَبُنَّ طَبَقًا عَن طَبَقٍ ﴿١٩﴾

20. Pho, yingani bengakholwa na?

فَمَا لَهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿٢٠﴾

21. Noma befundelwa iKurani abakhothami.

وَإِذَا قُرِئَ عَلَيْهِمُ ٱلْقُرْءَانُ لَا يَسْجُدُونَ ۩ ﴿٢١﴾

22. Empeleni labo abangakholwa bayaphika.

بَلِ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ يُكَذِّبُونَ ﴿٢٢﴾

23. Kepha u Allah ukwazi kahle lokho abakufihlayo.

وَٱللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا يُوعُونَ ﴿٢٣﴾

24. Ngakhoke bathulele izindaba ezinhle zesijeziso esibuhlungu.

فَبَشِّرْهُم بِعَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿٢٤﴾

25. Ngaphandle kwalabo abakholwayo abenza okuhle, bona bayothola umvuzo ongenamkhawulo.

إِلَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَهُمْ أَجْرٌ غَيْرُ مَمْنُونٍ ﴿٢٥﴾

(85) SURA AL BURUJI
IMIZILA YASEMKHATHINI

سُورَةُ البُرُوجِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. [Ngifunga] ngesibhakabhaka esinemizila yasemkhathini [yelanga nenyanga].

وَٱلسَّمَآءِ ذَاتِ ٱلْبُرُوجِ ﴿١﴾

2. NangoSuku Oluthenjisiswe.

وَٱلْيَوْمِ ٱلْمَوْعُودِ ﴿٢﴾

3. Nangofakazi nokufakaziswa ngakho.

وَشَاهِدٍ وَمَشْهُودٍ ﴿٣﴾

4. Baqalekisiswe abambi bemisele.

قُتِلَ أَصْحَٰبُ ٱلْأُخْدُودِ ﴿٤﴾

5. Abokheli bomlilo onezithungelo ezinkulu.

ٱلنَّارِ ذَاتِ ٱلْوَقُودِ ﴿٥﴾

6. Mhla behlezi bewethamele.

إِذْ هُمْ عَلَيْهَا قُعُودٌ ﴿٦﴾

7. Bebukela lokho ababekwenza kubakholwayo.

وَهُمْ عَلَىٰ مَا يَفْعَلُونَ بِٱلْمُؤْمِنِينَ شُهُودٌ ﴿٧﴾

8. Ayikho into ababebajezisela yona ngaphandle nje kokuthi bakholwa ku Allah uSomandla oDunyiswayo.

وَمَا نَقَمُوا۟ مِنْهُمْ إِلَّآ أَن يُؤْمِنُوا۟ بِٱللَّهِ ٱلْعَزِيزِ ٱلْحَمِيدِ ﴿٨﴾

9. Lona onguMnini wamazulu nomhlaba, futhi u Allah uzibheke zonke izinto.

ٱلَّذِى لَهُۥ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ ۚ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ شَهِيدٌ ﴿٩﴾

10. Nebala labo abahlukumeza abakholwayo besilisa nabesifazane baphinde bangaceli intethelelo, bayothola isijeziso seJahanamu futhi bayothola isijeziso soMlilo.

إِنَّ ٱلَّذِينَ فَتَنُواْ ٱلۡمُؤۡمِنِينَ وَٱلۡمُؤۡمِنَٰتِ ثُمَّ لَمۡ يَتُوبُواْ فَلَهُمۡ عَذَابُ جَهَنَّمَ وَلَهُمۡ عَذَابُ ٱلۡحَرِيقِ ١٠

11. Kepha labo abakholwayo benze okuhle, bona bayothola izivande okugeleza ngaphansi kwazo imifula; iyonake leyo impumelelo enkulu.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ لَهُمۡ جَنَّٰتٞ تَجۡرِي مِن تَحۡتِهَا ٱلۡأَنۡهَٰرُۚ ذَٰلِكَ ٱلۡفَوۡزُ ٱلۡكَبِيرُ ١١

12. Ngempela ukugxavula kweNkosi yakho kunzima.

إِنَّ بَطۡشَ رَبِّكَ لَشَدِيدٌ ١٢

13. Bheka ngoba nguYena owasungala [indalo ingelutho] nobuyiselayo [indalo esimeni sayo emuva kokufa].

إِنَّهُۥ هُوَ يُبۡدِئُ وَيُعِيدُ ١٣

14. Futhi Ungothethelelayo Onothando.

وَهُوَ ٱلۡغَفُورُ ٱلۡوَدُودُ ١٤

15. Umnakazi weSihlalo [sobukhosi] Ohloniphekile.

ذُو ٱلۡعَرۡشِ ٱلۡمَجِيدُ ١٥

16. Wenza noma yini ayifunayo.

فَعَّالٞ لِّمَا يُرِيدُ ١٦

17. Ingabe lufikile kuwe udaba lwamabutho na?

هَلۡ أَتَىٰكَ حَدِيثُ ٱلۡجُنُودِ ١٧

18. Aka*FiriwoninoTamudi*?

فِرۡعَوۡنَ وَثَمُودَ ١٨

19. Empeleleni laba abangakholwa bayaphika.

بَلِ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ فِي تَكۡذِيبٖ ١٩

20. Kepha u Allah ubahaqile ngemuva.

وَٱللَّهُ مِن وَرَآئِهِم مُّحِيطُۢ ٢٠

21. Nebala iyiKurani ehloniphekile.

بَلۡ هُوَ قُرۡءَانٞ مَّجِيدٞ ٢١

22. EsoQwembeni Oluvikelekile.

فِي لَوۡحٖ مَّحۡفُوظِۭ ٢٢

(86) SURA TWARIK
ISIFIKAKUHLWA

سُورَةُ الطَّارِقِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

وَٱلسَّمَآءِ وَٱلطَّارِقِ ﴿١﴾

1. Ngifunga ngesibhakabhaka nangesifika kuhlwa.

وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا ٱلطَّارِقُ ﴿٢﴾

2. Ungabe uyokwazi kanjani ukuthi siyini lesifika kuhlwa na?

ٱلنَّجْمُ ٱلثَّاقِبُ ﴿٣﴾

3. Siyinkanyezi evuthayo.

إِن كُلُّ نَفْسٍ لَّمَّا عَلَيْهَا حَافِظٌ ﴿٤﴾

4. Wonke umuntu unoqaphi omqaphile.

فَلْيَنظُرِ ٱلْإِنسَٰنُ مِمَّ خُلِقَ ﴿٥﴾

5. Ngakhoke umuntu [ophika ukuvuswa] makabheke ukuthi wadalwa ngani.

خُلِقَ مِن مَّآءٍ دَافِقٍ ﴿٦﴾

6. Wadalwa ngoketshezi oluphuma ngamandla [isidoda].

يَخْرُجُ مِنۢ بَيْنِ ٱلصُّلْبِ وَٱلتَّرَآئِبِ ﴿٧﴾

7. Oluphuma emhlane [kowesilisa] nasemabeleni [kowesimame].

إِنَّهُۥ عَلَىٰ رَجْعِهِۦ لَقَادِرٌ ﴿٨﴾

8. Kepha Yena [u Allah] uyakwazi ukumbuyisela [esimeni sakuqala].

يَوْمَ تُبْلَى ٱلسَّرَآئِرُ ﴿٩﴾

9. Ngosuku lapho ziyovivinywa izimfihlo.

فَمَا لَهُۥ مِن قُوَّةٍ وَلَا نَاصِرٍ ﴿١٠﴾

10. Futhi [ongakholwa] akayikuba namandla noma umelekeleli.

وَٱلسَّمَآءِ ذَاتِ ٱلرَّجۡعِ ﴿١١﴾

11. Ngifunga ngesibhakabhaka esibuyisayo.

وَٱلۡأَرۡضِ ذَاتِ ٱلصَّدۡعِ ﴿١٢﴾

12. Nangomhlaba oqhekekayo.

إِنَّهُۥ لَقَوۡلٞ فَصۡلٞ ﴿١٣﴾

13. Ngempela [iKurani]ingamazwi angumnqamula juqu.

وَمَا هُوَ بِٱلۡهَزۡلِ ﴿١٤﴾

14. Futhi awasiwona ihlaya.

إِنَّهُمۡ يَكِيدُونَ كَيۡدٗا ﴿١٥﴾

15. Bheka ngoba bakha uzungu.

وَأَكِيدُ كَيۡدٗا ﴿١٦﴾

16. Futhi Nami ngakha uzungu.

فَمَهِّلِ ٱلۡكَٰفِرِينَ أَمۡهِلۡهُمۡ رُوَيۡدَۢا ﴿١٧﴾

17. Ngakhoke bayeke nje abangakholwa, Nami Ngibayekile okwesikhashana.

(87) SURA A'ALA
ONGAPHEZULU

سُورَةُ الأَعْلَى

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Dumisa Igama leNkosi yakho Engaphezulu.

سَبِّحِ ٱسْمَ رَبِّكَ ٱلْأَعْلَى ﴿١﴾

2. Lena eyadala yabumba.

ٱلَّذِى خَلَقَ فَسَوَّىٰ ﴿٢﴾

3. Futhi lena eyahlela yahola.

وَٱلَّذِى قَدَّرَ فَهَدَىٰ ﴿٣﴾

4. Lena eyenze amandlelo,

وَٱلَّذِىٓ أَخْرَجَ ٱلْمَرْعَىٰ ﴿٤﴾

5. Iphinde iwenze ome ashe.

فَجَعَلَهُۥ غُثَآءً أَحْوَىٰ ﴿٥﴾

6. Sizokufundisa [iKurani], ngeke wayikhohlwa.

سَنُقْرِئُكَ فَلَا تَنسَىٰٓ ﴿٦﴾

7. Ngaphandle kwalokho u Allah afuna ukukhohlwe; ngokuba Yena wazi okusobala nokusithele.

إِلَّا مَا شَآءَ ٱللَّهُ ۚ إِنَّهُۥ يَعْلَمُ ٱلْجَهْرَ وَمَا يَخْفَىٰ ﴿٧﴾

8. Futhi Sizokwenzela izinto zibe lula.

وَنُيَسِّرُكَ لِلْيُسْرَىٰ ﴿٨﴾

9. Ngakhoke xwayisa lapho isexwayiso sinomthelela khona.

فَذَكِّرْ إِن نَّفَعَتِ ٱلذِّكْرَىٰ ﴿٩﴾

10. Bheka ngoba lowo onokwesaba [u Allah] uzoxwayiseka.

سَيَذَّكَّرُ مَن يَخْشَىٰ ﴿١٠﴾

11. Asishaye indiva lowo ongabusisekile.

وَيَتَجَنَّبُهَا ٱلْأَشْقَى ﴿١١﴾

12. Nguyena lona oyongena eMlilweni Omkhulu.
13. Futhi akayikufa kuwo noma aphile.
14. Nebala uphumelele lowo oziphathe kahle.
15. Wakhumbula iGama leNkosi yakhe wenza neSwala.
16. Empeleni [nina engakholwa] nikhethe impilo yomhlaba.
17. Nakuba eLizayo lingcono futhi lingunaphakade.
18. Konke lokhu kwakukhona nasemiqulwini yasendulo;
19. Imiqulu ka *Ibhirahimu* no *Musa*.

ٱلَّذِى يَصۡلَى ٱلنَّارَ ٱلۡكُبۡرَىٰ ﴿١٢﴾
ثُمَّ لَا يَمُوتُ فِيهَا وَلَا يَحۡيَىٰ ﴿١٣﴾
قَدۡ أَفۡلَحَ مَن تَزَكَّىٰ ﴿١٤﴾
وَذَكَرَ ٱسۡمَ رَبِّهِۦ فَصَلَّىٰ ﴿١٥﴾
بَلۡ تُؤۡثِرُونَ ٱلۡحَيَوٰةَ ٱلدُّنۡيَا ﴿١٦﴾
وَٱلۡأٓخِرَةُ خَيۡرٞ وَأَبۡقَىٰٓ ﴿١٧﴾
إِنَّ هَٰذَا لَفِى ٱلصُّحُفِ ٱلۡأُولَىٰ ﴿١٨﴾
صُحُفِ إِبۡرَٰهِيمَ وَمُوسَىٰ ﴿١٩﴾

(88) SURA AL-GASHIYA
UMQULEKISI

سُورَةُ الغَاشِيَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ingabe usuzwile ngodaba loMqulekisi na?

هَلْ أَتَىٰكَ حَدِيثُ ٱلْغَٰشِيَةِ ﴿١﴾

2. NgalokuSuku ubuso [babantu] buyobe budangale.

وُجُوهٌ يَوْمَئِذٍ خَٰشِعَةٌ ﴿٢﴾

3. Bukhandlekile bukhathele.

عَامِلَةٌ نَّاصِبَةٌ ﴿٣﴾

4. Bayongena eMlilweni ovuthayo.

تَصْلَىٰ نَارًا حَامِيَةً ﴿٤﴾

5. Bayophuza emthonjeni ogxabhayo.

تُسْقَىٰ مِنْ عَيْنٍ ءَانِيَةٍ ﴿٥﴾

6. Abuyikuthola okunye ukudla, ngaphandle kwameva.

لَّيْسَ لَهُمْ طَعَامٌ إِلَّا مِن ضَرِيعٍ ﴿٦﴾

7. Akukhuluphalisi futhi akusuthisi.

لَّا يُسْمِنُ وَلَا يُغْنِى مِن جُوعٍ ﴿٧﴾

8. Ubuso [babanye] ngalokuSuku buyobe buthakasile.

وُجُوهٌ يَوْمَئِذٍ نَّاعِمَةٌ ﴿٨﴾

9. Bethokozile ngemisebenzi yawo.

لِّسَعْيِهَا رَاضِيَةٌ ﴿٩﴾

10. BeseJana [esivandeni] ephakeme.

فِى جَنَّةٍ عَالِيَةٍ ﴿١٠﴾

11. Abayikuzwa khona inkulumo eyize engasanga.

لَّا تَسْمَعُ فِيهَا لَٰغِيَةً ﴿١١﴾

12. Kunemithombo egelezayo.

فِيهَا عَيْنٌ جَارِيَةٌ ﴿١٢﴾

13. Kunemibhede ephakeme.

فِيهَا سُرُرٌ مَّرْفُوعَةٌ ﴿١٣﴾

14. Nenkambi ezihleliwe.
وَأَكْوَابٌ مَّوْضُوعَةٌ ﴿١٤﴾

15. Nemiqamelo ehlelekile.
وَنَمَارِقُ مَصْفُوفَةٌ ﴿١٥﴾

16. Kanye namacanci kakhaphethi andlalwe ndawo yonke.
وَزَرَابِيُّ مَبْثُوثَةٌ ﴿١٦﴾

17. Ingabe abaliboni ikameli ukuba lidalwe kanjani na?
أَفَلَا يَنظُرُونَ إِلَى ٱلْإِبِلِ كَيْفَ خُلِقَتْ ﴿١٧﴾

18. Nesibhakabhaka ukuba siphakanyiswe kanjani na?
وَإِلَى ٱلسَّمَآءِ كَيْفَ رُفِعَتْ ﴿١٨﴾

19. Nezintaba ukuba zigxunyekwe kanjani na?
وَإِلَى ٱلْجِبَالِ كَيْفَ نُصِبَتْ ﴿١٩﴾

20. Nomhlaba ukuba undlalwe kanjani na?
وَإِلَى ٱلْأَرْضِ كَيْفَ سُطِحَتْ ﴿٢٠﴾

21. Ngakhoke xwayisa, ngokuba ungumexwayisi nje kuphela.
فَذَكِّرْ إِنَّمَآ أَنتَ مُذَكِّرٌ ﴿٢١﴾

22. Akuwona umsebenzi wakho ukubaphoqa.
لَّسْتَ عَلَيْهِم بِمُصَيْطِرٍ ﴿٢٢﴾

23. Kepha lowo ofulathelayo [iqiniso] futhi engakholwa;
إِلَّا مَن تَوَلَّىٰ وَكَفَرَ ﴿٢٣﴾

24. U Allah uyomujezisa ngesijeziso esinzima.
فَيُعَذِّبُهُ ٱللَّهُ ٱلْعَذَابَ ٱلْأَكْبَرَ ﴿٢٤﴾

25. Nebala, bazobuyela [emuva kokufa] Kithi.
إِنَّ إِلَيْنَآ إِيَابَهُمْ ﴿٢٥﴾

26. Futhi yithina esiyobahlulela.
ثُمَّ إِنَّ عَلَيْنَا حِسَابَهُم ﴿٢٦﴾

(89) SURA AL-FAJAR
INTATHAKUSA

سُورَةُ الفَجۡرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngentathakusa.
2. Nangobusuku obuyishumi.
3. Nangolokho okuhamba ngakubili nokuhamba ngakunye.
4. Nangobusuku uma buhlwa buhamba.
5. Ingabe konke lokufunga akwemenele lowo okhaliphile na?
6. Awubonga ukuthi iNkosi yakho yasenzani isizwe sakwa Adi na?
7. Ebekungesase Rama eyayinezakhiwo eziphakeme.
8. Lena okungakaze kwakhiwe efana nayo emhlabeni.
9. Kanye nesakwaTamudi lesi esaqhekeza amadwala [bakha imizi] Ehlanzeni.
10. Kanjalo noFiriwoni lona owezikhonkwane.
11. Labo ababe yiziphulamthetho emhlabeni,

وَٱلۡفَجۡرِ ١
وَلَيَالٍ عَشۡرٍ ٢
وَٱلشَّفۡعِ وَٱلۡوَتۡرِ ٣
وَٱلَّيۡلِ إِذَا يَسۡرِ ٤
هَلۡ فِي ذَٰلِكَ قَسَمٞ لِّذِي حِجۡرٍ ٥
أَلَمۡ تَرَ كَيۡفَ فَعَلَ رَبُّكَ بِعَادٍ ٦
إِرَمَ ذَاتِ ٱلۡعِمَادِ ٧
ٱلَّتِي لَمۡ يُخۡلَقۡ مِثۡلُهَا فِي ٱلۡبِلَٰدِ ٨
وَثَمُودَ ٱلَّذِينَ جَابُواْ ٱلصَّخۡرَ بِٱلۡوَادِ ٩
وَفِرۡعَوۡنَ ذِي ٱلۡأَوۡتَادِ ١٠
ٱلَّذِينَ طَغَوۡاْ فِي ٱلۡبِلَٰدِ ١١

12. Bandisa kuwo impambuko.

فَأَكۡثَرُواْ فِيهَا ٱلۡفَسَادَ ١٢

13. Kepha iNkosi yakho yabashaya ngoswazi lwesijeziso[1].

فَصَبَّ عَلَيۡهِمۡ رَبُّكَ سَوۡطَ عَذَابٍ ١٣

14. Nebala iNkosi ihlala iqaphile njalo.

إِنَّ رَبَّكَ لَبِٱلۡمِرۡصَادِ ١٤

15. Uma umuntu evivinywa iNkosi yakhe ngokumupha nangokumcebisa, uthi: "iNkosi yami ingibusisile".

فَأَمَّا ٱلۡإِنسَٰنُ إِذَا مَا ٱبۡتَلَىٰهُ رَبُّهُۥ فَأَكۡرَمَهُۥ وَنَعَّمَهُۥ فَيَقُولُ رَبِّيٓ أَكۡرَمَنِ ١٥

16. Kuthi uma isimvivinya, ngokumswinya isondlo sakhe, athi: "iNkosi yami ingihlazile".

وَأَمَّآ إِذَا مَا ٱبۡتَلَىٰهُ فَقَدَرَ عَلَيۡهِ رِزۡقَهُۥ فَيَقُولُ رَبِّيٓ أَهَٰنَنِ ١٦

17. Phinde! Empeleni aniziphathi kahle izintandane.

كَلَّاۖ بَل لَّا تُكۡرِمُونَ ٱلۡيَتِيمَ ١٧

18. Futhi anigqugquzeli ekondleni abaswele.

وَلَا تَحَٰٓضُّونَ عَلَىٰ طَعَامِ ٱلۡمِسۡكِينِ ١٨

19. Futhi nidla ifa niliphuphuthe.

وَتَأۡكُلُونَ ٱلتُّرَاثَ أَكۡلٗا لَّمّٗا ١٩

20. Ninjalo nje nithanda umcebo ngokwendlulele.

وَتُحِبُّونَ ٱلۡمَالَ حُبّٗا جَمّٗا ٢٠

21. Qha! Mhla umhlaba uzamazama umlibe.

كَلَّآ إِذَا دُكَّتِ ٱلۡأَرۡضُ دَكّٗا دَكّٗا ٢١

22. INkosi yakho Iyokuza nezingelosi zime imigqa ngemigqa.

وَجَآءَ رَبُّكَ وَٱلۡمَلَكُ صَفّٗا صَفّٗا ٢٢

23. Kuthi neJahanamu ilethwe ngalokuSuku; ngalokuSuku wonke umuntu uzothoba; kambe kuyomsiza kanjani ukuthoba na?

وَجِاْيٓءَ يَوۡمَئِذِۭ بِجَهَنَّمَۚ يَوۡمَئِذٖ يَتَذَكَّرُ ٱلۡإِنسَٰنُ وَأَنَّىٰ لَهُ ٱلذِّكۡرَىٰ ٢٣

1 Abanye babhujiswa ngesiphepho, abanye ngokuzamazama komhlaba kwathi abanye bajeziswa ngokugwila.

24. Uyothi: "Ngifisa ukuba ngayilungiselela impilo yami".

يَقُولُ يَٰلَيۡتَنِي قَدَّمۡتُ لِحَيَاتِي ﴿٢٤﴾

25. NgalokuSuku, akekho noyedwa oyoba nesijeziso esifana neSakhe,

فَيَوۡمَئِذٖ لَّا يُعَذِّبُ عَذَابَهُۥٓ أَحَدٞ ﴿٢٥﴾

26. Futhi akekho noyedwa oyobopha njengaYe.

وَلَا يُوثِقُ وَثَاقَهُۥٓ أَحَدٞ ﴿٢٦﴾

27. Wena mphefumulo onethezekile!

يَٰٓأَيَّتُهَا ٱلنَّفۡسُ ٱلۡمُطۡمَئِنَّةُ ﴿٢٧﴾

28. Buyela eNkosi yakho weneme futhi uthokozelwe.

ٱرۡجِعِيٓ إِلَىٰ رَبِّكِ رَاضِيَةٗ مَّرۡضِيَّةٗ ﴿٢٨﴾

29. Ube kanye nezigqila Zami.

فَٱدۡخُلِي فِي عِبَٰدِي ﴿٢٩﴾

30. Ungene eJana Yami.

وَٱدۡخُلِي جَنَّتِي ﴿٣٠﴾

(90) SURA AL-BALADI
UMUZI

سُورَةُ ٱلْبَلَدِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngaloMuzi [waseMakha].
لَآ أُقْسِمُ بِهَٰذَا ٱلْبَلَدِ ﴿١﴾

2. Uvunyelwe ukwenza okuthandayo kuloMuzi.
وَأَنتَ حِلٌّۢ بِهَٰذَا ٱلْبَلَدِ ﴿٢﴾

3. Ngifunga nangomzali nakuzalayo.
وَوَالِدٍ وَمَا وَلَدَ ﴿٣﴾

4. Nebala umuntu Simdalele ebunzimeni [bomhlaba].
لَقَدْ خَلَقْنَا ٱلْإِنسَٰنَ فِى كَبَدٍ ﴿٤﴾

5. Ingabe ucabanga ukuthi akekho noyedwa ongamnqoba na?
أَيَحْسَبُ أَن لَّن يَقْدِرَ عَلَيْهِ أَحَدٌ ﴿٥﴾

6. Abe ethi: "Ngichithe izimali eziningi".
يَقُولُ أَهْلَكْتُ مَالًا لُّبَدًا ﴿٦﴾

7. Ingabe ucabanga ukuthi akabonwa muntu na?
أَيَحْسَبُ أَن لَّمْ يَرَهُۥٓ أَحَدٌ ﴿٧﴾

8. Ingani simuphe amehlo amabili.
أَلَمْ نَجْعَل لَّهُۥ عَيْنَيْنِ ﴿٨﴾

9. Nolimi nezindebe ezimbili.
وَلِسَانًا وَشَفَتَيْنِ ﴿٩﴾

10. Sabe sesimkhanyisela zombili izindlela [eyokubi neyokuhle].
وَهَدَيْنَٰهُ ٱلنَّجْدَيْنِ ﴿١٠﴾

11. Kungani engayeqanga lenqinamba na?
فَلَا ٱقْتَحَمَ ٱلْعَقَبَةَ ﴿١١﴾

12. Uthi bewazi nje ukuthi iyini lenqinamba na?
وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا ٱلْعَقَبَةُ ﴿١٢﴾

13. Ukukhululula isigqila.

14. Noma ukondla ngosuku lwendlala enkulu.

15. Intandane eyisihlobo,

16. Noma isichaka esentulayo.

17. Uyobeke [owenza okuhle] eseba kanye nalabo abakholwayo abalulekana ngokubekezela nangokuba nomusa.

18. Yibo kanye laba abayoba ngabakwesokudla.

19. Kuthi labo abangakholwa imibiko yeThu, babe ngabangakwesokunene.

20. Bayovalelwa eMlilweni.

فَكُّ رَقَبَةٍ ﴿١٣﴾

أَوْ إِطْعَٰمٌ فِي يَوْمٍ ذِي مَسْغَبَةٍ ﴿١٤﴾

يَتِيمًا ذَا مَقْرَبَةٍ ﴿١٥﴾

أَوْ مِسْكِينًا ذَا مَتْرَبَةٍ ﴿١٦﴾

ثُمَّ كَانَ مِنَ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَتَوَاصَوْاْ بِٱلصَّبْرِ وَتَوَاصَوْاْ بِٱلْمَرْحَمَةِ ﴿١٧﴾

أُوْلَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلْمَيْمَنَةِ ﴿١٨﴾

وَٱلَّذِينَ كَفَرُواْ بِـَٔايَٰتِنَا هُمْ أَصْحَٰبُ ٱلْمَشْـَٔمَةِ ﴿١٩﴾

عَلَيْهِمْ نَارٌ مُّؤْصَدَةٌ ﴿٢٠﴾

(91) SURA SHAMSI
ILANGA

سُورَةُ الشَّمۡسِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngelanga nemini yalo. وَٱلشَّمۡسِ وَضُحَىٰهَا ﴿١﴾
2. Nangenyanga lapho ililandela. وَٱلۡقَمَرِ إِذَا تَلَىٰهَا ﴿٢﴾
3. Nangemini lapho iqhakazisa ilanga [libalele]. وَٱلنَّهَارِ إِذَا جَلَّىٰهَا ﴿٣﴾
4. Nangobusuku lapho bumboza ilanga [kuhlwa]. وَٱلَّيۡلِ إِذَا يَغۡشَىٰهَا ﴿٤﴾
5. Nangesibhakabhaka okwakheka kwaso. وَٱلسَّمَآءِ وَمَا بَنَىٰهَا ﴿٥﴾
6. Nangomhlaba nokwendlaleka kwawo. وَٱلۡأَرۡضِ وَمَا طَحَىٰهَا ﴿٦﴾
7. Nangomphefumulo nokudaleka kwawo. وَنَفۡسٖ وَمَا سَوَّىٰهَا ﴿٧﴾
8. Wawukhombisa ukuphambuka kwawo nobuqotho babo. فَأَلۡهَمَهَا فُجُورَهَا وَتَقۡوَىٰهَا ﴿٨﴾
9. Uyophumelela loyo oyowugcina uhlanzekile [ngokuzithoba]. قَدۡ أَفۡلَحَ مَن زَكَّىٰهَا ﴿٩﴾
10. Kanti uyolahlekelwa loyo owungcolisayo [ngempambuko]. وَقَدۡ خَابَ مَن دَسَّىٰهَا ﴿١٠﴾
11. Waliphika iqiniso *uTamudi* ngokuphula kwabo umthetho. كَذَّبَتۡ ثَمُودُ بِطَغۡوَىٰهَآ ﴿١١﴾

إِذِ ٱنۢبَعَثَ أَشۡقَىٰهَا ﴿١٢﴾

12. Mhla lowo owonakele kubo bonke ebahlohla.

فَقَالَ لَهُمۡ رَسُولُ ٱللَّهِ نَاقَةَ ٱللَّهِ وَسُقۡيَىٰهَا ﴿١٣﴾

13. ISithunywa sika Allah [*u Swalihi*] sathi kubo: "Qaphelani, ikameli lika Allah namanzi alo!".

فَكَذَّبُوهُ فَعَقَرُوهَا فَدَمۡدَمَ عَلَيۡهِمۡ رَبُّهُم بِذَنۢبِهِمۡ فَسَوَّىٰهَا ﴿١٤﴾

14. Kepha abamukholwanga, baligenca balibulala; iNkosi yabo yababhubhisa bonke kwangasala muntu ngenxa yempambuko yabo.

وَلَا يَخَافُ عُقۡبَٰهَا ﴿١٥﴾

15. Futhi akesabi [u Allah] impindiselo.

(92) SURA LAILU
UBUSUKU

سُورَةُ اللَّيۡلِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngobusuku lapho buhlwa. — وَٱلَّيۡلِ إِذَا يَغۡشَىٰ ١
2. Nangemini lapho ibalele. — وَٱلنَّهَارِ إِذَا تَجَلَّىٰ ٢
3. Nangokudalwa kwesilisa nesifazane. — وَمَا خَلَقَ ٱلذَّكَرَ وَٱلۡأُنثَىٰٓ ٣
4. Nebala imisebenzi yenu yehlukene. — إِنَّ سَعۡيَكُمۡ لَشَتَّىٰ ٤
5. Lowo ophanayo athobele u Allah, — فَأَمَّا مَنۡ أَعۡطَىٰ وَٱتَّقَىٰ ٥
6. Futhi akholelwe imbuyiselo enhle; — وَصَدَّقَ بِٱلۡحُسۡنَىٰ ٦
7. Sizomenzela kube lula [ukwenza okuhle]. — فَسَنُيَسِّرُهُۥ لِلۡيُسۡرَىٰ ٧
8. Kepha lowo owungoqo oziqhayisayo, — وَأَمَّا مَنۢ بَخِلَ وَٱسۡتَغۡنَىٰ ٨
9. Aphinde aphike imbuyiselo enhle. — وَكَذَّبَ بِٱلۡحُسۡنَىٰ ٩
10. Sizomenzela ubunzima [ukwena okubi] bube lula. — فَسَنُيَسِّرُهُۥ لِلۡعُسۡرَىٰ ١٠
11. Futhi umcebo wakhe awuyikumsiza lapho esengena [eMlilweni]. — وَمَا يُغۡنِي عَنۡهُ مَالُهُۥٓ إِذَا تَرَدَّىٰٓ ١١

12. Kuwumsebenzi wethu ukucacisa indlela eqondile.
13. Futhi [impilo] yakweLizayo nasemhlabeni iphethwe Yithi.
14. Ngakhoke nginixwayisa ngoMlilo ovutha amalangabi.
15. Kuyongena kuwo kuphela labo abonakele.
16. Lowo ophika iqiniso alishaye indiva.
17. Kepha lowo othobela u Allah uyohlengeka.
18. Lowo ophana ngomcebo wakhe ngoba ezihlanza.
19. Futhi ebe engalangezele ukunxephezelwa muntu ngokuhle akwenzayo.
20. Ngaphandle kokulangezelela Ubuso beNkosi yakhe Ephakeme.
21. Nakanjani uyothokoza.

إِنَّ عَلَيْنَا لَلْهُدَىٰ ﴿١٢﴾

وَإِنَّ لَنَا لَلْآخِرَةَ وَالْأُولَىٰ ﴿١٣﴾

فَأَنذَرْتُكُمْ نَارًا تَلَظَّىٰ ﴿١٤﴾

لَا يَصْلَاهَا إِلَّا الْأَشْقَى ﴿١٥﴾

الَّذِي كَذَّبَ وَتَوَلَّىٰ ﴿١٦﴾

وَسَيُجَنَّبُهَا الْأَتْقَى ﴿١٧﴾

الَّذِي يُؤْتِي مَالَهُ يَتَزَكَّىٰ ﴿١٨﴾

وَمَا لِأَحَدٍ عِندَهُ مِن نِّعْمَةٍ تُجْزَىٰ ﴿١٩﴾

إِلَّا ابْتِغَاءَ وَجْهِ رَبِّهِ الْأَعْلَىٰ ﴿٢٠﴾

وَلَسَوْفَ يَرْضَىٰ ﴿٢١﴾

(93) SURA DUHA
IMINI

سُورَةُ الضُّحَىٰ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngemini. وَٱلضُّحَىٰ ﴿١﴾
2. Nangobusuku lapho sebuzinzile. وَٱلَّيْلِ إِذَا سَجَىٰ ﴿٢﴾
3. INkosi yakho ayikulahlanga futhi ayikudinelwe. مَا وَدَّعَكَ رَبُّكَ وَمَا قَلَىٰ ﴿٣﴾
4. Nebala eLizayo ilona elingcono kuwe kunalomhlaba. وَلَلْآخِرَةُ خَيْرٌ لَّكَ مِنَ ٱلْأُولَىٰ ﴿٤﴾
5. Futhi iNkosi yakho izokwabela uze wencame. وَلَسَوْفَ يُعْطِيكَ رَبُّكَ فَتَرْضَىٰٓ ﴿٥﴾
6. Ayikuthola yini [iNkosi yakho] uyintandane Yakuphephisa na? أَلَمْ يَجِدْكَ يَتِيمًا فَـَٔاوَىٰ ﴿٦﴾
7. Yaphinda yakuthola udukile yakuhola. وَوَجَدَكَ ضَآلًّا فَهَدَىٰ ﴿٧﴾
8. Belu yakuthola weswele yakucebisa. وَوَجَدَكَ عَآئِلًا فَأَغْنَىٰ ﴿٨﴾
9. Ngakhoke ungalokothi uyiphathe ngendluzula intandane. فَأَمَّا ٱلْيَتِيمَ فَلَا تَقْهَرْ ﴿٩﴾
10. Futhi ocelayo ungamkhakhabisi. وَأَمَّا ٱلسَّآئِلَ فَلَا تَنْهَرْ ﴿١٠﴾
11. Futhi ukhulume ngezibusiso zeNkosi yakho [kuwe]. وَأَمَّا بِنِعْمَةِ رَبِّكَ فَحَدِّثْ ﴿١١﴾

(94) SURA SHARHU
UKUVULA

سُورَةُ الشَّرۡحِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Asiyivulanga yini inhliziyo yakho na?
أَلَمۡ نَشۡرَحۡ لَكَ صَدۡرَكَ ﴿١﴾

2. Futhi sakwethula umthalo wakho[1].
وَوَضَعۡنَا عَنكَ وِزۡرَكَ ﴿٢﴾

3. Lezi ebesezikuphula umqolo.
ٱلَّذِيٓ أَنقَضَ ظَهۡرَكَ ﴿٣﴾

4. Futhi saphakamisa udumo lwakho.
وَرَفَعۡنَا لَكَ ذِكۡرَكَ ﴿٤﴾

5. Nebala, kubo bonke ubunzima kunokunethezeka.
فَإِنَّ مَعَ ٱلۡعُسۡرِ يُسۡرًا ﴿٥﴾

6. Nebala kubo bonke ubunzima kunokunethezeka.
إِنَّ مَعَ ٱلۡعُسۡرِ يُسۡرًا ﴿٦﴾

7. Uma usuqedille [imisebenzi yempilo] zikhandle [ngokukhona].
فَإِذَا فَرَغۡتَ فَٱنصَبۡ ﴿٧﴾

8. Futhi ulangezelele iNkosi yakho.
وَإِلَىٰ رَبِّكَ فَٱرۡغَب ﴿٨﴾

1 Uthethelelwe zonke izimpambuko zakhe ezandlula nezizayo.

(95) SURA TINI
IKHIWANE

سُورَةُ التِّينِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngekhiwane nomalovini.
وَٱلتِّينِ وَٱلزَّيْتُونِ ﴿١﴾

2. Nangentaba yase*Sinayi*.
وَطُورِ سِينِينَ ﴿٢﴾

3. Nangalomuzi ophephile.
وَهَٰذَا ٱلْبَلَدِ ٱلْأَمِينِ ﴿٣﴾

4. Nebala Sidale umuntu ngesakhiwe esihle.
لَقَدْ خَلَقْنَا ٱلْإِنسَٰنَ فِىٓ أَحْسَنِ تَقْوِيمٍ ﴿٤﴾

5. Kepha samdixilela phansi ekujuleni.
ثُمَّ رَدَدْنَٰهُ أَسْفَلَ سَٰفِلِينَ ﴿٥﴾

6. Ngaphandle kwalabo abakholwayo benze okuhle, ngokuba bona bayothola umvuzo ongenamkhawulo.
إِلَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ فَلَهُمْ أَجْرٌ غَيْرُ مَمْنُونٍ ﴿٦﴾

7. Iyona yiphi into ezokwenza uphike ukholo emuva kwalokhu na?
فَمَا يُكَذِّبُكَ بَعْدُ بِٱلدِّينِ ﴿٧﴾

8. Akuyena yini u Allah oNgomehluleli ovelele na?
أَلَيْسَ ٱللَّهُ بِأَحْكَمِ ٱلْحَٰكِمِينَ ﴿٨﴾

(96) SURA ‘ALAK IHLULE

سُورَةُ ٱلْعَلَقِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Funda eGameni leNkosi yakho okuyiyona eyadala.

ٱقْرَأْ بِٱسْمِ رَبِّكَ ٱلَّذِى خَلَقَ ﴿١﴾

2. Yadala umuntu ngehlule.

خَلَقَ ٱلْإِنسَٰنَ مِنْ عَلَقٍ ﴿٢﴾

3. Funda, belu iNkosi yakho iphana kakhulu.

ٱقْرَأْ وَرَبُّكَ ٱلْأَكْرَمُ ﴿٣﴾

4. Iyona lena eyafundisa ukubhala ngosiba.

ٱلَّذِى عَلَّمَ بِٱلْقَلَمِ ﴿٤﴾

5. Ifundise umuntu lokho angakwazi.

عَلَّمَ ٱلْإِنسَٰنَ مَا لَمْ يَعْلَمْ ﴿٥﴾

6. Qha! Nebala umuntu uba ihlongandlebe;

كَلَّآ إِنَّ ٱلْإِنسَٰنَ لَيَطْغَىٰٓ ﴿٦﴾

7. Mhla ezibona esecebile.

أَن رَّءَاهُ ٱسْتَغْنَىٰٓ ﴿٧﴾

8. Kepha isiphetho siseNkosini yakho.

إِنَّ إِلَىٰ رَبِّكَ ٱلرُّجْعَىٰٓ ﴿٨﴾

9. Uke wambona na, lowo ovimbayo,

أَرَءَيْتَ ٱلَّذِى يَنْهَىٰ ﴿٩﴾

10. Inceku lapho ikhuleka.

عَبْدًا إِذَا صَلَّىٰٓ ﴿١٠﴾

11. Wake wambona esendleni eqondile na?

أَرَءَيْتَ إِن كَانَ عَلَى ٱلْهُدَىٰٓ ﴿١١﴾

12. Kumbeke egqugquzelela ukuzithoba ku Allah na?
13. Uke wambona lapho esephika iqiniso futhi elishaya indiva.
14. Ingabe ngempela akazi yini ukuthi u Allah Uyabona na?
15. Hiya! Uma engaphezi, sizomgxavula ngebunzi.
16. Ibunzi elinamanga eliphaphalazayo.
17. Ngakhoke makabize yithimba lakhe.
18. Nathi sizobiza *AmaZabaniya* [izingelosi zesijeziso].
19. Qha! Ungamlaleli, kepha ukhothame [ku Allah] ukhonze.

أَوْ أَمَرَ بِٱلتَّقْوَىٰٓ ﴿١٢﴾

أَرَءَيْتَ إِن كَذَّبَ وَتَوَلَّىٰٓ ﴿١٣﴾

أَلَمْ يَعْلَم بِأَنَّ ٱللَّهَ يَرَىٰ ﴿١٤﴾

كَلَّا لَئِن لَّمْ يَنتَهِ لَنَسْفَعًۢا بِٱلنَّاصِيَةِ ﴿١٥﴾

نَاصِيَةٍ كَٰذِبَةٍ خَاطِئَةٍ ﴿١٦﴾

فَلْيَدْعُ نَادِيَهُۥ ﴿١٧﴾

سَنَدْعُ ٱلزَّبَانِيَةَ ﴿١٨﴾

كَلَّا لَا تُطِعْهُ وَٱسْجُدْ وَٱقْتَرِب ۩ ﴿١٩﴾

(97) SURA KADAR
ISINQUMO

سُورَةُ القَدرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Nebala sayehlisa [iKurani] ngoBusuku beSinqumo.

إِنَّآ أَنزَلۡنَٰهُ فِي لَيۡلَةِ ٱلۡقَدۡرِ ١

2. Ingabe uyazi ukuthi buyini uBusuku beSinqumo na?

وَمَآ أَدۡرَىٰكَ مَا لَيۡلَةُ ٱلۡقَدۡرِ ٢

3. UBusuku beSinqumo bundlula izinyanga eziyinkulungwane.

لَيۡلَةُ ٱلۡقَدۡرِ خَيۡرٞ مِّنۡ أَلۡفِ شَهۡرٖ ٣

4. Izingelosi kanye *noRuhu* [*uJibhirili*] ziyehla kubo [uBusuku] ngemvumo yeNkosi yazo ngalo lonke udaba [olunqunyiwe].

تَنَزَّلُ ٱلۡمَلَٰٓئِكَةُ وَٱلرُّوحُ فِيهَا بِإِذۡنِ رَبِّهِم مِّن كُلِّ أَمۡرٖ ٤

5. Bunokuthula kuze kuse.

سَلَٰمٌ هِيَ حَتَّىٰ مَطۡلَعِ ٱلۡفَجۡرِ ٥

(98) SURA BAYINA
UBUFAKAZI

سُورَةُ ٱلْبَيِّنَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Labo abangakholwa kwabeMibhalo kanye *namaMushrikina* [ababhanqi] abasoze bayeka [ukholo lwabo] kuze kuba kufika ubufakazi.

لَمْ يَكُنِ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ مِنْ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ وَٱلْمُشْرِكِينَ مُنفَكِّينَ حَتَّىٰ تَأْتِيَهُمُ ٱلْبَيِّنَةُ ﴿١﴾

2. ISithunywa sika Allah esibafundela Imiqulu Ehlanzekile.

رَسُولٌ مِّنَ ٱللَّهِ يَتْلُواْ صُحُفًا مُّطَهَّرَةً ﴿٢﴾

3. Iqukethe imibhalo enohlonze eqotho.

فِيهَا كُتُبٌ قَيِّمَةٌ ﴿٣﴾

4. Laba abanikwa iMibhalo, bahlakazeka emuva kokuba sekufike kubo imibiko ecacile.

وَمَا تَفَرَّقَ ٱلَّذِينَ أُوتُواْ ٱلْكِتَٰبَ إِلَّا مِنۢ بَعْدِ مَا جَآءَتْهُمُ ٱلْبَيِّنَةُ ﴿٤﴾

5. Futhi babekade beyalelwe ukuba bakhonze u Allah ngokuzinikela okumsulwa bengambhangqi nalutho, futhi baqikelele ukwenza iSwala nokukhipha iZaka; bheka ngoba iyona leyo inkolo eqotho [i-Isilamu].

وَمَآ أُمِرُوٓاْ إِلَّا لِيَعْبُدُواْ ٱللَّهَ مُخْلِصِينَ لَهُ ٱلدِّينَ حُنَفَآءَ وَيُقِيمُواْ ٱلصَّلَوٰةَ وَيُؤْتُواْ ٱلزَّكَوٰةَ ۚ وَذَٰلِكَ دِينُ ٱلْقَيِّمَةِ ﴿٥﴾

6. Nebala, labo abangakholwa kwabeMibhalo namaMushirikina bayongena eMlilwe wase Jahanamu babhadle kuwo unaphakade; yiboke kanye labo abayindalo embi.

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُواْ مِنْ أَهْلِ ٱلْكِتَٰبِ وَٱلْمُشْرِكِينَ فِى نَارِ جَهَنَّمَ خَٰلِدِينَ فِيهَآ ۚ أُوْلَٰٓئِكَ هُمْ شَرُّ ٱلْبَرِيَّةِ ﴿٦﴾

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ
أُوْلَٰٓئِكَ هُمْ خَيْرُ ٱلْبَرِيَّةِ ﴿٧﴾

7. Kepha labo abakholwayo nabenza okulungileyo, yibona abayindalo enhle.

جَزَآؤُهُمْ عِندَ رَبِّهِمْ جَنَّٰتُ عَدْنٍ
تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ خَٰلِدِينَ فِيهَآ
أَبَدًا ۖ رَّضِىَ ٱللَّهُ عَنْهُمْ وَرَضُواْ عَنْهُ
ذَٰلِكَ لِمَنْ خَشِىَ رَبَّهُۥ ﴿٨﴾

8. Umvuzo wabo oseNkosini yabo izivande zaseDeni okugeleza enzansi kwazo imifula, bayohlala kuzo unaphakade; u Allah uthokozile ngabo kanti nabo bathokozile ngo Allah. Lokho okumuntu owesaba iNkosi yakho.

(99) SURA ZALZALA
UKUZAMAZAMA

سُورَةُ الزَّلْزَلَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Mhla umhlaba uzanyazanyiswa kanzima.

إِذَا زُلْزِلَتِ ٱلْأَرْضُ زِلْزَالَهَا ﴿١﴾

2. Lapho umhlaba uyokhafula imithwalo yabo [konke okungcwatshwe kuwo].

وَأَخْرَجَتِ ٱلْأَرْضُ أَثْقَالَهَا ﴿٢﴾

3. Umuntu lapho uyothi: "Ingabe ungenwe yini na?"

وَقَالَ ٱلْإِنسَٰنُ مَا لَهَا ﴿٣﴾

4. Ngalolosuku uyobe ukhipha zonke izindaba zawo.

يَوْمَئِذٍ تُحَدِّثُ أَخْبَارَهَا ﴿٤﴾

5. Ngokuba iNkosi yakho izowembulela.

بِأَنَّ رَبَّكَ أَوْحَىٰ لَهَا ﴿٥﴾

6. Ngalolosuku abantu bayophuma bathi chithisaka ukuze bakhonjiswe izenzo zabo.

يَوْمَئِذٍ يَصْدُرُ ٱلنَّاسُ أَشْتَاتًا لِّيُرَوْا۟ أَعْمَٰلَهُمْ ﴿٦﴾

7. Lowo owenze okuhle noma kukuncane kanjani, uyokubona.

فَمَن يَعْمَلْ مِثْقَالَ ذَرَّةٍ خَيْرًا يَرَهُۥ ﴿٧﴾

8. Nalowo owenze okubi, noma kukuncane kanjani, uyokubona.

وَمَن يَعْمَلْ مِثْقَالَ ذَرَّةٍ شَرًّا يَرَهُۥ ﴿٨﴾

(100) SURA ADIYATI
IZIGIJIMI

سُورَةُ العَادِيَاتِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ngifunga ngezigijimi ezihefuzelayo [amahhashi].
وَٱلْعَٰدِيَٰتِ ضَبْحًا ﴿١﴾

2. Eziqhantshisa izinhlansi [ngezinselo].
فَٱلْمُورِيَٰتِ قَدْحًا ﴿٢﴾

3. Ezihlasela entathakusa.
فَٱلْمُغِيرَٰتِ صُبْحًا ﴿٣﴾

4. Zisuse izintuli.
فَأَثَرْنَ بِهِۦ نَقْعًا ﴿٤﴾

5. Ziqhekeze ibutho maphakathi.
فَوَسَطْنَ بِهِۦ جَمْعًا ﴿٥﴾

6. Impela, umuntu akabongi eNkosini yakhe.
إِنَّ ٱلْإِنسَٰنَ لِرَبِّهِۦ لَكَنُودٌ ﴿٦﴾

7. Naye futhi ungufakazi kwalokho.
وَإِنَّهُۥ عَلَىٰ ذَٰلِكَ لَشَهِيدٌ ﴿٧﴾

8. Nomcebo uwuthande kakhulu.
وَإِنَّهُۥ لِحُبِّ ٱلْخَيْرِ لَشَدِيدٌ ﴿٨﴾

9. Ingabe akazi ngomhla kuyokhishwa okusemangcwabeni.
۞ أَفَلَا يَعْلَمُ إِذَا بُعْثِرَ مَا فِى ٱلْقُبُورِ ﴿٩﴾

10. Kubekwe obala okusezifubeni.
وَحُصِّلَ مَا فِى ٱلصُّدُورِ ﴿١٠﴾

11. Impela, iNkosi yabo iyobe yazi konke ngabo ngalolosuku.
إِنَّ رَبَّهُم بِهِمْ يَوْمَئِذٍ لَّخَبِيرٌۢ ﴿١١﴾

(101) SURA AL-KARI'A
UMETHUSI

سُورَةُ القَارِعَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Umethusi.
ٱلْقَارِعَةُ ﴿١﴾

2. Uyini Umethusi
مَا ٱلْقَارِعَةُ ﴿٢﴾

3. Futhi ingabe uyokwazi kanjani ukuthi uyini Umethusi.
وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا ٱلْقَارِعَةُ ﴿٣﴾

4. uSuku lapho abantu bayoba njengamavemuvana athe chithisaka.
يَوْمَ يَكُونُ ٱلنَّاسُ كَٱلْفَرَاشِ ٱلْمَبْثُوثِ ﴿٤﴾

5. Izintaba zona ziyoba njeboya obuhlakazekile.
وَتَكُونُ ٱلْجِبَالُ كَٱلْعِهْنِ ٱلْمَنفُوشِ ﴿٥﴾

6. Lowo isikali sakhe [sezenzo] siyoba nesisindo;
فَأَمَّا مَن ثَقُلَتْ مَوَٰزِينُهُۥ ﴿٦﴾

7. Uyophila impilo ethokozisayo [eJana].
فَهُوَ فِى عِيشَةٍ رَّاضِيَةٍ ﴿٧﴾

8. Kepha lowo isikali sakhe siyoba lula;
وَأَمَّا مَنْ خَفَّتْ مَوَٰزِينُهُۥ ﴿٨﴾

9. Uyongena eHawiya [eJahanamu].
فَأُمُّهُۥ هَاوِيَةٌ ﴿٩﴾

10. Ingabe uyayazi ukuthi iyini na?
وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا هِيَهْ ﴿١٠﴾

11. UMlilo ovutha amalangabi.
نَارٌ حَامِيَةٌۢ ﴿١١﴾

(102) SURA TAKATURI
UKUQONGELELA

سُورَةُ التَّكَاثُرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Ukuqongelela kuniphazamisile.
أَلْهَىٰكُمُ ٱلتَّكَاثُرُ ﴿١﴾

2. Kuze kube niyongena emathuneni.
حَتَّىٰ زُرْتُمُ ٱلْمَقَابِرَ ﴿٢﴾

3. Cha! Nizokwazi maduze nje.
كَلَّا سَوْفَ تَعْلَمُونَ ﴿٣﴾

4. Futhi cha! Nizokwazi maduze nje.
ثُمَّ كَلَّا سَوْفَ تَعْلَمُونَ ﴿٤﴾

5. Qha! Ukube nje beninolwazi olungenakungabaza.
كَلَّا لَوْ تَعْلَمُونَ عِلْمَ ٱلْيَقِينِ ﴿٥﴾

6. Nakanjani nizoyibona iJahanamu.
لَتَرَوُنَّ ٱلْجَحِيمَ ﴿٦﴾

7. Futhi nizoyibona mathupha ningayingabazi.
ثُمَّ لَتَرَوُنَّهَا عَيْنَ ٱلْيَقِينِ ﴿٧﴾

8. Futhi nakanjani niyobuzwa, ngalolosuku ngentokomalo [yasemhlabeni].
ثُمَّ لَتُسْـَٔلُنَّ يَوْمَئِذٍ عَنِ ٱلنَّعِيمِ ﴿٨﴾

(103) SURA ASRI
ISIKHATHI

سُورَةُ العَصۡرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

وَٱلۡعَصۡرِ ﴿١﴾

إِنَّ ٱلۡإِنسَٰنَ لَفِي خُسۡرٍ ﴿٢﴾

إِلَّا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ وَعَمِلُواْ ٱلصَّٰلِحَٰتِ
وَتَوَاصَوۡاْ بِٱلۡحَقِّ وَتَوَاصَوۡاْ بِٱلصَّبۡرِ ﴿٣﴾

1. Ngifunga ngesikhathi.
2. Impela wonke umuntu ulahlekelwe.
3. Ngaphandle kwalabo abakholwayo nabenza okulungileyo nabelulekana ngeqiniso nangokubekezela.

(104) SURA HUMAZA
INHLEBI

سُورَةُ الْهُمَزَةِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Imbubhiso kuyo yonke inhlebi.
وَيْلٌ لِّكُلِّ هُمَزَةٍ لُّمَزَةٍ ﴿١﴾

2. Lena eqongelela umcebo iwubale.
ٱلَّذِى جَمَعَ مَالًا وَعَدَّدَهُۥ ﴿٢﴾

3. Acabange ukuthi umcebo wakhe uzohlala naye unaphakade.
يَحْسَبُ أَنَّ مَالَهُۥٓ أَخْلَدَهُۥ ﴿٣﴾

4. Phinde! Uzotshingelwa eHutwama.
كَلَّا ۖ لَيُنۢبَذَنَّ فِى ٱلْحُطَمَةِ ﴿٤﴾

5. Ingabe uyazi ukuthi iyini iHutwama na?
وَمَآ أَدْرَىٰكَ مَا ٱلْحُطَمَةُ ﴿٥﴾

6. UMlilo ka Allah ovuthayo.
نَارُ ٱللَّهِ ٱلْمُوقَدَةُ ﴿٦﴾

7. Oshisa ngisho izinhliziyo.
ٱلَّتِى تَطَّلِعُ عَلَى ٱلْأَفْـِٔدَةِ ﴿٧﴾

8. Bayovalelwa kuwo.
إِنَّهَا عَلَيْهِم مُّؤْصَدَةٌ ﴿٨﴾

9. Ngezihonqo ezinde.
فِى عَمَدٍ مُّمَدَّدَةٍ ﴿٩﴾

(105) SURA FILI
INDLOVU

سُورَةُ الفِيلِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Awubonga yini ukuthi yabenzani iNkosi yakho laba abezindlovu na?

أَلَمْ تَرَ كَيْفَ فَعَلَ رَبُّكَ بِأَصْحَٰبِ ٱلْفِيلِ ﴿١﴾

2. Akazange yini enze uzungu labo lwangaphumelela na?

أَلَمْ يَجْعَلْ كَيْدَهُمْ فِى تَضْلِيلٍ ﴿٢﴾

3. Wabathumelela ngenkumbi yezinyoni.

وَأَرْسَلَ عَلَيْهِمْ طَيْرًا أَبَابِيلَ ﴿٣﴾

4. Zibajikijela ngamagade aqinile.

تَرْمِيهِم بِحِجَارَةٍ مِّن سِجِّيلٍ ﴿٤﴾

5. Wabenza baba njengotshani obudliwe [imfuyo].

فَجَعَلَهُمْ كَعَصْفٍ مَّأْكُولٍ ﴿٥﴾

(106) SURA KURAYISHI
ISIZWE SAMAKURAYISHI

سُورَةُ قُرَيۡشٍ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

1. Ngenxa yenhlala yeza yamaKurayishi
2. Ukujwayela kwabo ukuthatha uhambo lwasebusika nasehlobo.
3. Ngakhoke mabakhonze iNkosi yaleNdlu [iKabha].
4. Lena ebondlayo lapho belambile futhi ibavikele lapho besaba.

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

لِإِيلَٰفِ قُرَيۡشٍ ١

إِۦلَٰفِهِمۡ رِحۡلَةَ ٱلشِّتَآءِ وَٱلصَّيۡفِ ٢

فَلۡيَعۡبُدُواْ رَبَّ هَٰذَا ٱلۡبَيۡتِ ٣

ٱلَّذِيٓ أَطۡعَمَهُم مِّن جُوعٖ وَءَامَنَهُم مِّنۡ خَوۡفِۢ ٤

(107) SURA MA'UNA OKUNANWAYO

سُورَةُ الْمَاعُونِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Awumbonanga lowo ophika ukwaHlulelwa.

أَرَءَيْتَ ٱلَّذِى يُكَذِّبُ بِٱلدِّينِ ﴿١﴾

2. Nguye kanye lowo ohlukumeza izintandane.

فَذَٰلِكَ ٱلَّذِى يَدُعُّ ٱلْيَتِيمَ ﴿٢﴾

3. Futhi akakukhuthazi ukondliwa kwabaswele.

وَلَا يَحُضُّ عَلَىٰ طَعَامِ ٱلْمِسْكِينِ ﴿٣﴾

4. Imbubhiso kulabo abenza iSwala,

فَوَيْلٌ لِّلْمُصَلِّينَ ﴿٤﴾

5. Labo abangaqikeleli ukwenza iSwala yabo ngendlela.

ٱلَّذِينَ هُمْ عَن صَلَاتِهِمْ سَاهُونَ ﴿٥﴾

6. Ababukisayo [uma benza iSwala]

ٱلَّذِينَ هُمْ يُرَآءُونَ ﴿٦﴾

7. Futhi bancintshana nangalokho okunanwayo[1].

وَيَمْنَعُونَ ٱلْمَاعُونَ ﴿٧﴾

1 Njengamanzi nosawoti nomlilo njalonjalo. Izinto okungancintshwana ngazo.

(108) SURA AL-KHAWUTARI
UMFULA IKHAWUTARI

سُورَةُ الكَوثَرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

إِنَّآ أَعْطَيْنَٰكَ ٱلْكَوْثَرَ ﴿١﴾

1. Nebala sikuphile *iKhawutari* [umfula oseJana].

فَصَلِّ لِرَبِّكَ وَٱنْحَرْ ﴿٢﴾

2. Ngakhoke bhekisa iSwala nomhlatshelo eNkosini yakho.

إِنَّ شَانِئَكَ هُوَ ٱلْأَبْتَرُ ﴿٣﴾

3. Lowo okugxekayo nguyena empeleni onqanyukelwe ulibo.

(109) SURA KAFIRUNA ABANGAKHOLWA

سُورَةُ الكَافِرُونَ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Yithi: "Nina eningakholwa!"

قُلْ يَٰٓأَيُّهَا ٱلْكَٰفِرُونَ ﴿١﴾

2. Angikukhonzi lokhu nina enikukhonzayo.

لَآ أَعْبُدُ مَا تَعْبُدُونَ ﴿٢﴾

3. Futhi nani anikukhonzi lokhu engikukhonzayo.

وَلَآ أَنتُمْ عَٰبِدُونَ مَآ أَعْبُدُ ﴿٣﴾

4. Futhi angisoze ngakukhonza lokhu nina enikukhonzayo.

وَلَآ أَنَا۠ عَابِدٌ مَّا عَبَدتُّمْ ﴿٤﴾

5. Futhi nani anikukhonzi lokhu engikukhonzayo.

وَلَآ أَنتُمْ عَٰبِدُونَ مَآ أَعْبُدُ ﴿٥﴾

6. Nine nkolo yenu, nami nginenkolo yami.

لَكُمْ دِينُكُمْ وَلِىَ دِينِ ﴿٦﴾

(110) SURA NASRU
USIZO

سُورَةُ النَّصۡرِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

إِذَا جَآءَ نَصۡرُ ٱللَّهِ وَٱلۡفَتۡحُ ﴿١﴾

وَرَأَيۡتَ ٱلنَّاسَ يَدۡخُلُونَ فِي دِينِ ٱللَّهِ أَفۡوَاجٗا ﴿٢﴾

فَسَبِّحۡ بِحَمۡدِ رَبِّكَ وَٱسۡتَغۡفِرۡهُۚ إِنَّهُۥ كَانَ تَوَّابَۢا ﴿٣﴾

1. Uma sekufike usizo luka Allah nokunqoba.
2. Lapho usubona abantu bengena eNkolweni ka-Allah ngobuningi,
3. Babaza udumo lweNkosi yakho uyicele nentethelelo, impela Yona iyathethelela.

(111) SURA MASAD
IGODA

سُورَةُ ٱلْمَسَدِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Engathi zingabhubha izandla zika Abu-Lahabi naye futhi abhubhe.

تَبَّتْ يَدَآ أَبِى لَهَبٍ وَتَبَّ ﴿١﴾

2. Umcebo wakhe nenzuzo yakhe akumsizanga ngalutho.

مَآ أَغْنَىٰ عَنْهُ مَالُهُۥ وَمَا كَسَبَ ﴿٢﴾

3. Uyongena eMlilweni onamalangabi.

سَيَصْلَىٰ نَارًا ذَاتَ لَهَبٍ ﴿٣﴾

4. Kanti nomfazi wakhe uzobe ethwele izinkuni.

وَٱمْرَأَتُهُۥ حَمَّالَةَ ٱلْحَطَبِ ﴿٤﴾

5. Emqaleni wakhe uyobe enegoda eliphothiwe.

فِى جِيدِهَا حَبْلٌ مِّن مَّسَدٍ ﴿٥﴾

(112) SURA AL-IK'LAS
UBUMSULWA

سُورَةُ الإِخْلَاصِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Yithi: "U Allah Munye vo"
2. U Allah Ozimele.
3. Akazali futhi akazalwanga.
4. Futhi akekho noyedwa ongafaniswa naYe.

قُلْ هُوَ ٱللَّهُ أَحَدٌ ﴿١﴾

ٱللَّهُ ٱلصَّمَدُ ﴿٢﴾

لَمْ يَلِدْ وَلَمْ يُولَدْ ﴿٣﴾

وَلَمْ يَكُن لَّهُۥ كُفُوًا أَحَدٌۢ ﴿٤﴾

(113) SURA FALAKU
UKUSA

سُورَةُ الفَلَقِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Yithi: "Ngizivikela ngeNkosi yokusa.

قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ ٱلْفَلَقِ ﴿١﴾

2. Ebubini balokho ekudalile.

مِن شَرِّ مَا خَلَقَ ﴿٢﴾

3. Nasebubini bobusuku uma kuhlwa.

وَمِن شَرِّ غَاسِقٍ إِذَا وَقَبَ ﴿٣﴾

4. Nasebubini babafazi [abathakathayo] abakhafulela amafindo.

وَمِن شَرِّ ٱلنَّفَّٰثَٰتِ فِى ٱلْعُقَدِ ﴿٤﴾

5. Nasebubini bonomona lapho eba nomona.

وَمِن شَرِّ حَاسِدٍ إِذَا حَسَدَ ﴿٥﴾

(114) SURA NASI
ABANTU

سُورَةُ النَّاسِ

Egameni lika Allah
Onomusa Onesihawu

بِسْمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحْمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

1. Yithi: "Ngizivikela ngeNkosi yabantu"

قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ ٱلنَّاسِ ﴿١﴾

2. EnguMbusi wabantu

مَلِكِ ٱلنَّاسِ ﴿٢﴾

3. Ekhonzwa ngabantu.

إِلَٰهِ ٱلنَّاسِ ﴿٣﴾

4. Ebubini bomhlebeli onyamalalayo.


مِن شَرِّ ٱلْوَسْوَاسِ ٱلْخَنَّاسِ ﴿٤﴾

5. Lona ohlebela ezinhlizweni zabantu.

ٱلَّذِى يُوَسْوِسُ فِى صُدُورِ ٱلنَّاسِ ﴿٥﴾

6. Lowo oyiJini nalowo ongumuntu.

مِنَ ٱلْجِنَّةِ وَٱلنَّاسِ ﴿٦﴾



فهرس بأسماء السور وبيان المكي والمدني منها

Inkomba yamagama wezahluko ekhombisa lezi zaseMakkah neMadinah

M	Sura	Inombolo yekhasi	Makkah/ Madinah	السورة
1	Isendlalelo	1	Yase-Makkah	الفاتحة
2	Inkomo	3	Yase-Madinah	البقرة
3	Umndeni ka Imrani	77	Yase-Madinah	آل عمران
4	Abafazi	117	Yase-Madinah	النساء
5	Itafula	156	Yase-Madinah	المائدة
6	Imfuyo	187	Yase-Makkah	الأنعام
7	Umthangala I-A'arafu	224	Yase-Makkah	الأعراف
8	Izimpango Zempi	265	Yase-Madinah	الأنفال
9	Ukuzisola Nokucela Intethelelo	280	Yase-Madinah	التوبة
10	Isithunywa Uyunusi	309	Yase-Makkah	يونس
11	Uhudi	330	Yase-Makkah	هود
12	Yusufu	352	Yase-Makkah	يوسف
13	Ukuduma Kwezulu	372	Yase-Madinah	الرعد
14	Ibhirahimu [Isithunywa]	382	Yase-Makkah	إبراهيم
15	Umuzi Wase Hijiri	392	Yase-Makkah	الحجر
16	Izinyosi	401	Yase-Makkah	النحل
17	Uhambo Lwasebusuku	423	Yase-Makkah	الإسراء
18	Umgede	441	Yase-Makkah	الكهف
19	Mariyamu [Unina ka Isa]	460	Yase-Makkah	مريم
20	Taha	472	Yase-Makkah	طه
21	Izithunywa	490	Yase-Makkah	الأنبياء
22	Uhambo Lwehaji	505	Yase-Madinah	الحج
23	Abakholwayo	520	Yase-Makkah	المؤمنون
24	Ukukhanya	534	Yase-Madinah	النور
25	Umnqamlajuqu	549	Yase-Makkah	الفرقان
26	Izimbongi	561	Yase-Makkah	الشعراء
27	Izintuthwane	580	Yase-Makkah	النمل

M	Sura	Inombolo yekhasi	Makkah/ Madinah	السورة
28	Imilando	594	Yase-Makkah	القصص
29	Isicabucabu	610	Yase-Makkah	العنكبوت
30	Amaroma	621	Yase-Makkah	الروم
31	Ulukumani	631	Yase-Makkah	لقمان
32	Ukuwa phansi ngobuso	637	Yase-Makkah	السجدة
33	Umbimbi	642	Yase-Madinah	الأحزاب
34	Abasesaba'	657	Yase-Makkah	سبإ
35	Umdali	667	Yase-Makkah	فاطر
36	Yasini	676	Yase-Makkah	يس
37	Izingelosi Ezisemigqeni	685	Yase-Makkah	الصافات
38	Ungwaqa U 'Swadi'	699	Yase-Makkah	ص
39	Amaqembu	709	Yase-Makkah	الزمر
40	Othethelelayo	722	Yase-Makkah	غافر
41	Kucacisiwe	736	Yase-Makkah	فصِّلت
42	Ukubonisana	745	Yase-Makkah	الشورى
43	Ubukhazikhazi begolide	754	Yase-Makkah	الزخرف
44	Intuthu	765	Yase-Makkah	الدخان
45	Ukuguqa	771	Yase-Makkah	الجاثية
46	E-Ahkafu	777	Yase-Makkah	الأحقاف
47	Isithunywa Umuhamadi	784	Yase-Madinah	محمد
48	Ukunqoba	791	Yase-Madinah	الفتح
49	Amagumbi	798	Yase-Madinah	الحجرات
50	Uhlavu ukafu	802	Yase-Makkah	ق
51	Imimoya Esusa Uthuli	808	Yase-Makkah	الذاريات
52	Intaba Ituri	814	Yase-Makkah	الطور
53	Inkanyezi	819	Yase-Makkah	النجم
54	Inyanga [Yonyezi]	825	Yase-Makkah	القمر
55	Onomusa	831	Yase-Madinah	الرحمن
56	Isehlakalo	838	Yase-Makkah	الواقعة

M	Sura	Inombolo yekhasi	Makkah/ Madinah	السورة
57	Insimbi	845	Yase-Madinah	الحديد
58	Imvunge	852	Yase-Madinah	المجادلة
59	Ukubutha	858	Yase-Madinah	الحشر
60	Isivivinyo	863	Yase-Madinah	الممتحنة
61	Umugqa	867	Yase-Madinah	الصف
62	Ulwesihlanu	870	Yase-Madinah	الجمعة
63	Abazenzisi	872	Yase-Madinah	المنافقون
64	Ukulahlekelwa	875	Yase-Madinah	التغابن
65	Isehlukaniso	878	Yase-Madinah	الطلاق
66	Ukuzinqabela	881	Yase-Madinah	التحريم
67	Ubukhosi	884	Yase-Makkah	الملك
68	Usiba lokuloba	888	Yase-Makkah	القلم
69	Isikhathi seqiniso	893	Yase-Makkah	الحاقة
70	Imizila Yasemkhathini	898	Yase-Makkah	المعارج
71	Unuhu	902	Yase-Makkah	نوح
72	Amajini (imimoya)	905	Yase-Makkah	الجن
73	Ozisongile	909	Yase-Makkah	المزمل
74	Ozimbozile	912	Yase-Makkah	المدثر
75	Usuku Lokwahlulelwa	916	Yase-Makkah	القيامة
76	Umuntu	919	Yase-Madinah	الإنسان
77	Imimoya Evunguzayo	923	Yase-Makkah	المرسلات
78	Udaba	927	Yase-Makkah	النبإ
79	Abahlwyithi	930	Yase-Makkah	النازعات
80	Wahwaqa	934	Yase-Makkah	عبس
81	Ukufiphala	937	Yase-Makkah	التكوير
82	Ukuqhekeka	939	Yase-Makkah	الانفطار
83	Amaqili	941	Yase-Makkah	المطففين
84	Uqhekeko	944	Yase-Makkah	الانشقاق
85	Imizila Yasemkhathini	946	Yase-Makkah	البروج

M	Sura	Inombolo yekhasi	Makkah/ Madinah	السورة
86	Isifikakuhlwa	948	Yase-Makkah	الطارق
87	Ongaphezulu	950	Yase-Makkah	الأعلى
88	Umqulekisi	952	Yase-Makkah	الغاشية
89	Intathakusa	954	Yase-Makkah	الفجر
90	Umuzi	957	Yase-Makkah	البلد
91	Ilanga	959	Yase-Makkah	الشمس
92	Ubusuku	961	Yase-Makkah	الليل
93	Imini	963	Yase-Makkah	الضحى
94	Ukuvula	964	Yase-Makkah	الشرح
95	Ikhiwane	965	Yase-Makkah	التين
96	Ihlule	966	Yase-Makkah	العلق
97	Isinqumo	968	Yase-Makkah	القدر
98	Ubufakazi	969	Yase-Madinah	البينة
99	Ukuzamazama	971	Yase-Madinah	الزلزلة
100	Izigijimi	972	Yase-Makkah	العاديات
101	Umethusi	973	Yase-Makkah	القارعة
102	Ukuqongelela	974	Yase-Makkah	التكاثر
103	Isikhathi	975	Yase-Makkah	العصر
104	Inhlebi	976	Yase-Makkah	الهمزة
105	Indlovu	977	Yase-Makkah	الفيل
106	Isizwe samakurayishi	978	Yase-Makkah	قريش
107	Okunanwayo	979	Yase-Makkah	الماعون
108	Umfula ikhawutari	980	Yase-Makkah	الكوثر
109	Abangakholwa	981	Yase-Makkah	الكافرون
110	Usizo	982	Yase-Madinah	النصر
111	Igoda	983	Yase-Makkah	المسد
112	Ubumsulwa	984	Yase-Makkah	الإخلاص
113	Ukusa	985	Yase-Makkah	الفلق
114	Abantu	986	Yase-Makkah	الناس

إنَّ وزارةَ الشُّؤونِ الإسلاميَّةِ والدَّعوةِ والإرشادِ

في المملكةِ العربيَّةِ السُّعوديَّةِ

المشرفةَ على

مجمَّعِ الملكِ فهدٍ لطباعةِ المصحفِ الشَّريفِ

في المدينةِ المنوَّرةِ

إذ يسُرُّها أن يُصدِرَ المجمَّعُ هذهِ الطَّبعةَ مِن

ترجمةِ معاني القرآنِ الكريمِ

إلى لُغةِ الزُّولو

تسألُ اللهَ أن ينفعَ بها النَّاسَ

وأن يجزيَ

خادمُ الحرمينِ الشَّريفينِ الملكُ سلمانُ بنُ عبدِ العزيزِ آلُ سعودٍ

أحسنَ الجزاءِ على جُهودِهِ العظيمةِ في نشرِ كتابِ اللهِ الكريمِ

واللهُ وليُّ التَّوفيقِ

Ungqongqoshe womnyango wezindaba ze-Islamu neZihlonzwa nokuMema noku Yalela wasebukhosini base Saudi Arabiya

Umphathi we

Didiyelo lweNkosi uFahadi lokushicilela kwe Kurani Eyingcwele eMadinah Munawwarah

Kuyasijabulisa ukuthi uDidiyelo lukhiphe loluhlelo lwencazelo ye-Kurani Eyingcwele ehumushwe ngolimi lwesi Zulu

Sicela u-Allah uSomandla azuzise abantu ngayo

Futhi sicela ukuba ahlomulise

uMnakekeli wama Masijidi amabili ahlonishwayo inkosi uSalman Bin Abdul Aziz Al-Saudi umvuzo omuhle wemizamo yakhe emikhulu yokushicilela iNcwadi eNgcwele ka-Allah

u-Allah uYena onikeza impumelelo



حقوق الطبع محفوظة
لمجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف

ص.ب ٦٢٦٢ - المدينة المنوّرة

www.qurancomplex.gov.sa
contact@qurancomplex.gov.sa



Amalungelo okushicilela agciniwe
uDidiyelo lwe Nkosi uFahadi lokushicilela kwe Kurani Eyingcwele

---

P.O.BOX 6262 Madinah Munawwarah

www.qurancomplex.gov.sa
contact@qurancomplex.gov.sa

ⓒ **مجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف، ١٤٤٢هـ**
فهرسة مكتبة الملك فهد الوطنية أثناء النشر

مجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف
ترجمة معاني القرآن الكريم إلى لغة الزولو
مجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف - المدينة المنورة، ١٤٤٢هـ

٠٠٠ص ؛ ١٣,٥ × ١٩,٣ سم

ردمك: ٠-٠٠-٠٠٠٠-٠٠٠-٠٠٠

١- القرآن - ترجمة - لغة الزولو أ. العنوان
ديوي ٠٠٠٠٠٠ ١٤٤٢/٠٠٠٠

رقم الإيداع: ١٤٤٢/٠٠٠٠

ردمك: ٠-٠٠-٠٠٠٠-٠٠٠-٠٠٠

تصفح الترجمة